AMAGAMA NOKUMA KWAZO ZONKE IZINCWADI

# ZETESTAMENTE ELIDALA, NELITYA,

KANYE NAZO IZIBALO ZEZAHLUKO ZAZO.

---

## AMAGAMA EZINCWADI ZETESTAMENTE ELIDALA.


| *Ekasini.* | | *Abb.* | *Izahluko.* |
|---|---|---|---|
| 1. | uGenesise u neZahluko | Gen | 50 |
| 50. | uEksodusi | Eks | 40 |
| 91. | uLevi | Levi | 27 |
| 119. | Imibalo | Imib | 36 |
| 162. | uDuteronomi | Dut | 34 |
| 197. | uJoshua | Josh | 24 |
| 220. | Abahluli | Abahl | 21 |
| 243. | uRute | Rute | 4 |
| 246. | uSamueli e yokuqala | 1 Sam | 31 |
| 277. | uSamueli e yesibili | 2 Sam | 24 |
| 303. | Amakosi e yokuqala | 1 Ama | 22 |
| 335. | Amakosi e yesibili | 2 Ama | 25 |
| 365. | Izikronike e yokuqala | 1 Kron | 29 |
| 394. | Izikronike e yesibili | 2 Kron | 36 |
| 427. | uEzra | Ezra | 10 |
| 438. | uNehemia | Neh | 13 |
| 452. | uEsetere | Eset | 10 |
| 460. | uJobe | Jobe | 42 |
| 486. | Izihlabelelo | Izihl | 150 |
| 550. | Amazwi Ahlakanipileyo | Amazwi | 31 |
| 572. | uMshumayeli | Ums | 12 |
| 580. | Isihlabelelo sika Solomona | Isihl | 8 |
| 584. | uIsaya | Isai | 66 |
| 632. | uJeremia | Jer | 52 |
| 684. | Isililo ka Jeremia | Isililo | 5 |
| 689. | uHezekeli | Hez | 48 |
| 740. | uDanyeli | Dan | 12 |
| 755. | uHosea | Hos | 14 |
| 763. | uJoeli | Joeli | 3 |
| 765. | uAmosi | Amosi | 9 |
| 771. | uObadia | Obadia | 1 |
| 772. | uJona | Jona | 4 |
| 774. | uMika | Mika | 7 |
| 778. | uNahume | Nah | 3 |
| 780. | uHabakuki | Hab | 3 |
| 782. | uZefania | Zef | 3 |
| 784. | uHagai | Hag | 2 |
| 786. | uZekaria | Zek | 14 |
| 794. | uMalaki | Mal | 4 |


## AMAGAMA EZINCWADI ZETESTAMENTE ELITYA.


| *Ekasini.* | | *Abb.* | *Izahluko.* |
|---|---|---|---|
| 3. | uMateu u nezahluko | Mat | 28 |
| 38. | uMarko | Mark | 16 |
| 58. | uLuka | Luk | 24 |
| 93. | uJohane | John | 21 |
| 121. | Imisebenzi | Imis | 28 |
| 156. | AbaseRoma | Rome | 16 |
| 172. | AbaseKorinte e yokuqala | 1 Kor | 16 |
| 187. | AbaseKorinte e yesibili | 2 Kor | 13 |
| 197. | AbaseGalatea | Gal | 6 |
| 202. | AbaseEfesu | Ef | 6 |
| 208. | AbaseFilipi | Fil | 4 |
| 212. | AbaseKolose | Kol | 4 |
| 215. | AbaseTesalonika e yokuqala | 1 Tes | 5 |
| 219. | AbaseTesalonika e yesibili | 2 Tes | 3 |
| 221. | uTimote e yokuqala | 1 Tim | 6 |
| 225. | uTimote e yesibili | 2 Tim | 4 |
| 228. | uTitusi | Titusi | 3 |
| 230. | uFilemone | Filemone. | 1 |
| 231. | AmaHeberu | Heb | 13 |
| 243. | Incwadi ka Jakobe | Jak | 5 |
| 247. | uPetro e yokuqala | 1 Pet | 5 |
| 251. | uPetro e yesibili | 2 Pet | 3 |
| 254. | uJohane e yokuqala | 1 John | 5 |
| 258. | uJohane e yesibili | 2 John | 1 |
| 258. | uJohaue e yesitatu | 3 John | 1 |
| 259. | uJude | Jude | 1 |
| 260. | Isambulo | Isam | 22 |

INCWADI YOKUQALA KA MOSI E TIWA

# UGENESISE.

## ISAHLUKO 1.

EKUQALENI uTixo wenza izulu nomhlaba.

2 Umhlaba wa uze, u yicenge; kwa ku mnyama ebusweni bamanzi. Umoya ka Tixo wa ya wa hlala ebusweni bamanzi.

3 Wa ti uTixo, A ku be kona ukukanya: kwa ba kona ukukanya.

4 uTixo wa bona ukukanya ukuti, ku lungile: uTixo wahlukanisa ukukanya nobumnyama.

5 uTixo wa qamba ukukanya Imini, wa qamba ubumnyama Ubusuku. Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lokuqala.

6 Wa ti uTixo, A ku be kona umkati pakati kwamanzi, wahlukanise amanzi namanzi.

7 uTixo wa wenza umkati, wahlukanisa amanzi a ngapansi komkati namanzi a ngapezu komkati: kwa ba njalo.

8 uTixo wa qamba umkati Izulu: Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwesibili.

9 Wa ti uTixo, Ka qoqeke ndawonye amanzi a ngapansi kwezulu, u bonakale umhlabati owomileyo: kwa ba njalo.

10 uTixo wa qamba umhlabati owomileyo Umhlaba, ukuqoqeka kwamanzi wa ku qamba Ulwandhle: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

11 Wa ti uTixo, Umhlaba a u veze utyani, nemiti e hlanza imbeu, nemiti yezinhlamvu e tela izinhlamvu izinhlobo ngezinhlobo, imbeu yayo i kuyo, emhlabeni: kwa ba njalo.

12 Umhlaba wa veza utyani, nemiti e hlanza imbeu ngezinhlobo zayo, nemiti e tela izinhlamvu, imbeu yayo i kuyo, izinhlobo ngezinhlobo: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

13 Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwesitatu.

14 Wa ti uTixo, A ku be kona izinkanyiso emkatini wezulu, zahlukanise imini nobusuku, zi be izibonakaliso zemizuzu, nezezinsuku, nezeminyaka;

15 Zi be izinkanyiso emkatini wezulu, zi kanye emhlabeni: kwa ba njalo.

16 uTixo wa zenza izinkanyiso ezimbili; inkanyiso enkulu yokubusa imini, nenkanyiso encinyane yokubusa ubusuku: nezinkanyezi futi.

17 uTixo wa zi misa emkatini wezulu, ukuba zi kanye emhlabeni,

18 Zi buse imini nobusuku, zahlukanise ukukanya nobumnyama: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

19 Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwesine.

20 Wa ti uTixo, Amanzi ka vame izilwane ezi nemipefumlo ezwayo, a zi ndize izinyoni pezu komhlaba emkatini wezulu.

21 uTixo wa yenza imikomo emikulu, nezinto zonke ezizwayo ezihambayo, a zi vamayo amanzi, ngezinhlobo zazo, nezinyoni zonke ezi namapiko, ngezinhlobo zazo: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

22 uTixo wa zi busisa, wa ti, zalani, nande, ni gcwalise amanzi a solwandhle, nezinyoni a zi vame emhlabeni.

23 Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwesihlanu.

24 Wa ti uTixo, Umhlaba a u veze izinto ezizwayo izinhlobo ngezinhlobo, izinkomo, nezilwanyana, nezilo zomhlaba, ngezinhlobo zazo: kwa ba njalo.

25 uTixo wa zenza izilo zomhlaba izinhlobo ngezinhlobo, nezinkomo ngezinhlobo zazo, nezilwanyana zonke zomhlaba izinhlobo ngezinhlobo: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

26 Wa ti uTixo, A senze abantu ngomfanekiso wetu, ba si fuze; ba buse pezu kwezinhlanzi zolwandhle, na pezu kwezinyoni zezulu, na pezu kwezinkomo, na pezu komhlaba wonke, na pezu kwezilwane zonke ezihambayo emhlabeni.

27 uTixo wa benza abantu ngomfanekiso wake; wa benza ngomfanekiso ka Tixo; wenza umlisa nesifazana.

28 uTixo wa ba busisa, uTixo wa ti kubo, Zalani, nande, ni gcwalise umhlaba, ni u nqobe; ni buse pezu kwezinhlanzi zolwandhle, na pezu kwezinyoni

zezulu, na pezu konke okuzwayo, oku-
hambayo emhlabeni.
29 Wa ti uTixo, Bhekani, ngi ni nika
imiti yonke e tela imbeu, e semhlabeni
wonke, nemiti yonke e nezinhlamvu
zomuti o tela imbeu, i be ukudhla
kwenu.
30 Izilo zonke zomhlaba, nezinyoni
zonke zezulu, nezinto zonke ezihambayo
emhlabeni, ezi nemipefumlo ezwayo, *ngi
zi* nike imiti yonke eluhlaza, i be uku-
dhla kwazo: kwa ba njalo.
31 uTixo wa bona konke, a be kwe-
nzile; bheka, kwa ku lungile impela.
Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwe-
situpa.

## ISAHLUKO 2.

NJALO kwa pelela izulu nomhlaba
namabandhla ako.
2 Ngosuku lwesikombisa uTixo wa e
qedile imisebenzi a be yenzile; wa pu-
mula ngosuku lwesikombisa emisebe-
nzini yonke a be yenzile.
3 uTixo wa busisa usuku lwesikombi-
sa, wa lwenza lu be ngcwele: ngokuba
ngalolo uTixo wa pumula emisebenzini
yonke yake, a be i dabulile wa yenza.
4 Loku ku yindaba yokudabuka kwe-
zulu nomhlaba ekudatyulweni kwako,
msukwana uJehova uTixo a wenzayo
umhlaba nezulu,
5 I nga ka bi ko emhlabeni namiti
ya sendhle, zi nga ka mili nazilimo za
sendhle: ngokuba uJehova uTixo wa e
nga ka nisi imvula emhlabeni, kwa
ku nga bi ko muntu wokulima umhla-
bati.
6 Kepa yenyuka inkungu, i vela
emhlabeni, ya swakamisa ubuso bonke
bomhlaba.
7 uJehova uTixo wa m enza uAdamu
ngotuli lomhlabati, wa pefumla emaka-
leni ake umpefumlo wokuzwa; uAdamu
wa ba umuntu ozwayo.
8 uJehova uTixo wa tyala insimu
Edene ngasempumalanga; wa beka ko-
na uAdamu a be m enzile.
9 uJehova uTixo wa hlumisa emhla-
batini imiti yonke emihle, ebukekayo,
nelungela ukudhliwa; nomuti wokupila
pakati kwensimu, nomuti wokwazisa
okulungileyo nokungalungile.
10 Kwa vela umfula Edene, wa ma-
nzisa insimu; wa hlukana kona, wa ba
izimbaxa ezine:
11 Igama lowokuqala li iPisone; uwo
o hambela ezweni lonke la seHavila,
lapo ku kona igolide.
12 Li lungile igolide lalelo lizwe: ku
kona ibedola netye leshohamu.
13 Igama lomfula wesibili li iGihone:
uwo o hambela ezweni lonke la seKushe.
14 Igama lomfula wesitatu li iHide-
kele: uwo o hambela ngasempumala-
nga kwa seAsuri. Umfula wesine u
Ufrate.
15 uJehova uTixo wa tabata uAdamu,
wa m beka ensimini ya sEdene, ukuba
a i lime, a i linde.
16 uJehova uTixo wa m yala uAdamu,
e ti, U nga dhla imiti yonke yensimu
ngokutanda kwako:
17 Kodwa umuti wokwazisa okulu-
ngileyo nokungalungile u n̈ga u dhli:
ngokuba msukwana u u dhlayo u ya
kufa nokufa.
18 Wa ti uJehova uTixo, A ku lungile
ukuba uAdamu a hlale yedwa; ngi za
kumenzela umsizi o njengaye.
19 uJehova uTixo wa zenza ngomhla-
bati izilwane zonke za sendhle, nezi-
nyoni zezulu; wa zi yisa kuAdamu uku-
ba a bone u za kuziqamba ngokutini na:
loko konke uAdamu a zi qamba kona
izinto zonke ezizwayo, kwa ba amagama
azo.
20 uAdamu wa zi qamba izinkomo zo-
nke amagama, nezinyoni zonke zezulu,
nezilwane zonke za sendhle; kodwa
kwa ku nga bi ko umsizi o njengaye
uAdamu.
21 uJehova uTixo wa m ehlisela uAda-
mu ubutongo obunzima, wa lala: wa
tabata olunye ubambo kwezake, wa
hlanganisa inyama endaweni yalo.
22 Ubambo, a be lu tabatile kuAda-
mu, uJehova uTixo wa lwenza umfazi,
wa m yisa kuAdamu.
23 Wa ti uAdamu, Imbala, u itambo
lamatambo ami, nenyama yenyama ya-
mi; u ya kuqanjwa ngokuti, indoda-
kazi, ngokuba wa tatyatwa endodeni.
24 Ngako indoda i za kushiya uyise
nonina, i bambelele kumkayo; bo ba
inyamanye.
25 Ba be hambaze bobabili, uAdamu
nomkake, kepa be nge nazinhloni.

## ISAHLUKO 3.

INYOKA ya i nobuqili kuzo zonke
izilwane za sendhle, a be zenzile
uJehova uTixo: ya ti kumfazi, Imbala,
u tyilo uTixo, A ni yi kudhla yonke
imiti yensimu na?
2 Wa ti umfazi enyokeni, Si nga dhla
izinhlamvu zemiti yensimu:

3 Kodwa izinhlamvu zomuti o pakati
kwensimu, u te uTixo, A ni yi kuzi-
dhla, a ni yi kuzipata, ukuba ni nga fi.
4 Ya ti inyoka kumfazi, A ni yi ku-
fa nokufa.
5 Ngokuba u yazi uTixo, msukwana
ni dhlayo, amehlo enu a za kuvuleka,
ni be njengotixo, nazi okulungileyo no-
kungalungile.
6 Umfazi e bona umuti u lungele
ukudhliwa, u bukeka emehlweni, umuti
o nxanelekileyo ukuhlakanipisa, wa zi-
ka izinhlamvu zawo, wa zi dhla, wa zi
nika indoda yake, ya zi dhla nayo.
7 A ti amehlo abo bobabili a vuleka,
ba bona ukuti ba hambaze; ba tungela
amaqabunga omkiwane, ba zenzela izi-
ngubo.
8 Bezwa izwi lika Jehova uTixo e
hamba ensimini ntambama: uAdamu
nomkake ba m catyela uJehova uTixo
emitini yensimu.
9 uJehova uTixo wa m biza uAdamu,
wa ti kuye, U pi na?
10 Wa ti, Ngezwa izwi lako ensimini,
ngesaba, ngokuba nga hambaze; nga
catya.
11 Wa ti, Wa tyelwa ubani ukuti, wa
hambaze na? u u dhlile lomuti, nga ku
yala ngawo ukuti, U nga u dhli, na?
12 Wa ti uAdamu, Umfazi owa ngi
nika yena ukuba a be nami, wa ngi pa
umuti, nga u dhla.
13 Wa ti uJehova uTixo kumfazi, Ini
loku o kwenzileyo na? Wa ti umfazi,
Inyoka ya ngi kohlisa, nga dhla.
14 Wa ti uJehova uTixo enyokeni,
Ngokuba u kwenzile loku, u tukiwe ku
nezinkomo zonke, nezilwane zonke za
sendhle; u ya kuhamba ngesisu sako,
u dhle utuli izinsuku zonke zokuhamba
kwako.
15 Ngi za kubeka inzondo pakati
kwako nomfazi, napakati kwenzalo ya-
ko nenzalo yake, i ya kulimaza ikanda
lako, nawe u ya kulimaza isitende sayo.
16 Wa ti kumfazi, Ngi ya kukulisa
nokukulisa ubuhlungu bako ekukule-
lweni kwako; u ya kubeleta abantwa-
na ngobuhlungu, ukunxanela kwako
ku ya kuba endodeni yako; i ya ku-
busa pezu kwako.
17 Wa ti kuAdamu, Ngokuba u lalele
izwi lomkako, u dhlile umuti enga ku
yala ngawo ukuti, U nga u dhli, wona-
kele umhlaba ngenxa yako; u ya ku-
*zi*dhla *izitelo* zawo, u hlupeke zonke izi-
nsuku zokuhamba kwako.
18 U ya kukuvezela ameva nokula; u
ya kudhla imiti ya sendhle.
19 U ya kudhla ukudhla u juluke
ebusweni bako, u ze u buyele emhla-
beni; ngokuba wa tatyatwa kuwo: u
umhlabati wena, u za kupenduka umhla-
bati.
20 uAdamu wa qamba igama lomkake
uEva; ngokuba u unina wabo bonke
abapilayo.
21 uJehova uTixo wa benzela uAda-
mu nomkake izingubo ngezikumba, wa
ba gqokisa.
22 Wa ti uJehova uTixo, Bheka, uAda-
mu u njengati e kwazi okulungileyo
nokungalungile: kaloku, funa a selule
isandhla sake, a ke umuti wokupila,
a dhle, a hambe ku ze ku be pakade,
23 uJehova uTixo wa m mukisa ensi-
mini ya sEdene, ukuba a lime umhla-
bati a be tatyatwe kuwo.
24 Wa m xotya uAdamu; wa misa
ngasempumalanga kwensimu ya sEdene
amakerubi, nesinkemba esikazimulayo
esipendukayo ukuba ku lindwe indhlela
yomuti wokupila.

## ISAHLUKO 4.

UADAMU wa m azi uEva umkake;
wa kulelwa, wa zala uKani, wa ti,
Ngi zuzile indoda kuye uJehova.
2 Wa pinda wa zala uAbela umfo
wabo. uAbela wa e ngumalusi wezi-
mvu; uKani wa e ngumlimi womhla-
bati.
3 Kwa ti emva kwezinsuku ezitile,
uKani wa leta izitelo zomhlabati zi be
umnikelo kuJehova.
4 uAbela wa leta amazibulo ezimvu
zake, ezinonileyo. uJehova wa bheka
uAbela nomnikelo wake:
5 Kodwa a ka m bhekanga uKani no-
mnikelo wake. uKani wa e tukutele
kakulu, ba bu nyakamele ubuso bake.
6 Wa ti uJehova kuKani, U tukute-
leleni na? ubuso bako bu nyukamele-
leni na?
7 Uma u lunga a u yi kupakanyiswa
na? kepa uma u nga lungi isono si qa-
pele ngasemnyango. Ukuxanela kwa-
ke ku za kuba kuwe, wo busa pezu
kwake.
8 uKani wa e kuluma noAbela umna-
we wake: Kwa ti, be sendhle, uKani
wa m vukela uAbela umnawe wake,
wa m bulala.
9 Wa ti uJehova kuKani, uAbela
umnawe wako u pi na? Wa ti, A ngi

m azi; ngi ngumlindi womnawe wa-
mi na?
10 Wa ti, Wenzeni na? Izwi lezi-
ngazi zomnawe wako li ya kala kimi
emhlabatini.
11 Se u tukiwe emhlabeni o kamise
umlomo wawo ukwamkela izingazi zo-
mnawe wako esandhleni sako.
12 Uma u lima umhlabati a u sa yi
kukutelela amandhla awo; u ya kuba
umdindi, nomhambuma emhlabeni.
13 Wa ti uKani kuJehova, Icala lami
li kulu, li ya ngahlula.
14 Bheka, u ngi xotyile namhla ebu-
sweni bomhlaba; ngi ya kusiteka ebu-
sweni bako; ngi ya kuba umdindi no-
mhambuma emhlabeni; ku ya kuti bo-
nke aba ngi fumanayo ba ya kungibu-
lala.
15 Wa ti uJehova kuye, Ku ngako
loko, bonke abambulalayo uKani ko
pindiselwa kubo ku ze ku be kakombi-
sa. uJehova wa m bekela uKani isibo-
niso sokuti, ba nga m bulali abamfuma-
nayo.
16 uKani wesuka ebusweni buka Je-
hova, wa hlala ezweni la seNode, ngase-
mpumalanga kwa sEdene.
17 uKani wa m azi umkake; wa kule-
lwa, wa zala uEnoke: waka umuzi, wa
biza igama lomuzi ngegama lendodana
yake, uEnoke.
18 uEnoke wa zala uIrade: uIrade wa
zala uMehujale: uMehujale wa zala uMe-
tusale: uMetusale wa zala uLameka.
19 uLameka wa tabata abafazi aba-
bili: igama lomunye la li nguAda, iga-
ma lomunye la li nguZila.
20 uAda wa zala uJabale: yena wa e
nguyise wabo aba be hlezi ematenteni,
be nezinkomo.
21 Igama lomfo wabo la li nguJubale:
yena wa e nguyise wabo bonke a ba be
pata ugubu nomtyingo.
22 uZila wa zala uTubalkani, owa ka-
nda izinto zonke ezi bukali zensimbi ne-
zetusi: udade wabo ka Tubalkani wa e
nguNama.
23 Wa ti uLameka kubafazi bake,
uAda noZila, Yizwani izwi lami, bafazi
baka Lameka, lalelani inshumayelo ya-
mi, ngokuba ngi bulele umuntu ngenxa
yokutyaywa kwami, insizwa ngenxa
yemivimbo yami.
24 Uma uKani e ya kupindiselwa ku
ze ku be kakombisa, uLameka u ya
kupindiselwa ku ze ku be kakombisa
namashumi akombisa.

25 uAdamu wa m azi umkake futi;
wa zala indodana, wa qamba igama layo
uSeti: *e ti*, ngokuba uTixo u ngi misele
enye imbeu endaweni ka Abela, owa
bulawa uKani.
26 Naye uSeti wa zala idodana; wa
qamba igama layo uEnose: kona aba-
ntu ba qala ukubonga igama lika Je-
hova.

## ISAHLUKO 5.

LE i yincwadi yenzalo ka Adamu.
Msukwana uTixo e dabula uAdamu,
wa benza abantu ngomfanekiso ka Tixo.
2 Umlisa nesifazana wa benza, wa ba
busisa; wa qamba igama labo abantu,
msukwana be datyulwayo.
3 uAdamu wa hamba iminyaka e
ikulu namashumi amatatu wa zala
*indodana* e fana naye, e m 'fuza, wa
biza igama layo uSeti.
4 Izinsuku zika Adamu ngasemva ko-
kuzalwa kuka Seti za zi iminyaka e nga-
makulu a shiyagalombili: wa zala ama-
dodana namadodakazi:
5 Izinsuku zonke zokuhamba kuka
Adamu za zi iminyaka e ngamakulu
a shiyagalolunye namashumi amatatu:
wa fa.
6 uSeti wa hamba iminyaka e ikulu
nesihlanu, wa zala uEnose:
7 Ngasemva kokuzalwa kuka Enose,
uSeti wa hamba iminyaka ya ba ama-
kulu a shiyagalombili nesikombisa, wa
zala amadodana namodod akazi.
8 Izinsuku zonke zika Seti za zi imi-
nyaka e ngamakulu a shiyagalolunye
neshumi nambili: wa fa.
9 uEnose wa hamba iminyaka e nga-
mashumi a shiyagalolunye, wa zala
uKenani.
10 Ngasemva kokuzalwa kuka Kenani
uEnose wa hamba iminyaka ya ba ama-
kulu a shiyagalombili neshumi nesihla-
nu, wa zala amadodana namadodakazi:
11 Izinsuku zonke zika Enose za zi
iminyaka e ngamakulu a shiyagalolu-
nye nesihlanu: wa fa.
12 uKenani wa hamba iminyaka e
ngamashumi a kombisa, wa zala uMa-
halalele.
13 Ngasemva kokuzalwa kuka Maha-
lalele uKenani wa hlala iminyaka e
ngamakulu a shiyagalombili namashu-
mi amane, wa zala amadodana nama-
dodakazi.
14 Izinsuku zonke zika Kenani za zi
iminyaka e ngamakulu a shiyagalolu-
nye neshumi: wa fa.

15 uMahalalele wa hamba iminyaka e ngamashumi a tatisitupa nesihlanu, wa zala uJarede.

16 Ngasemva kokuzalwa kuka Jarede uMahalalele wa hamba iminyaka e ngamakulu ashiyagalombili namashumi amatatu, wa zala amadodana namadodakazi:

17 Izinsuku zonke zika Mahalalele za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalombili namashumi a shiyagaloluuye a nesihlanu: wa fa.

18 uJarede wa hamba iminyaka e ikulu namashumi a tatisitupa nambili, wa zala uEnoke:

19 Ngasemva kokuzalwa kuka Enoke uJarede wa hlala iminyaka ya ba makulu a shiyagalombili, wa zala amadodana namadodazi:

20 Izinsuku zonke zika Jarede za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalolunye namashumi a tatisitupa nambili: wa fa.

21 uEnoke wa hamba iminyaka e ngamashumi a tatisitupa a nesihlamu, wa zala uMetusela.

22 Ngasemva kokuzalwa kuka Metusela, uEnoke wa hamba noTixo iminyaka e ngamakulu amatatu, wa zala amadodana namadodakazi:

23 Izinsuku zonke zika Enoke za zi iminyaka e ngamakulu amatatu namashumi a tatisitupa nesihlanu:

24 uEnoke wa hamba noTixo: wa e nga se ko; ngokuba uTixo wa m tabata.

25 uMetusela wa hamba iminyaka e ikulu namashumi a shiyagalombili nesikombisa, wa zala uLameka:

26 Ngasemva kokuzalwa kuka Lameka uMetusela wa hamba iminyaka ya ba amakulu a kombisa namashumi a shiyagalombili nambili, wa zala amadodana namadodakazi.

27 Izinsuku zonke zika Metusela za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalolunye namashumi a tatisitupa nashiyangalolunye: wa fa.

28 uLameka wa hamba iminyaka e ikulu namashumi a shiyagalombili nambili, wa zala indodana:

29 Wa qamba igama layo uNoa, e ti, Lowo u ya kusisiza emisebenzini yetu, nasekuhlupekeni kwezandhla zetu, ngenxa yomhlabati uTixo a u tukileyo.

30 Ngasemva kokuzalwa kuka Noa uLameka wa hamba iminyaka e ngamakulu amahlanu namashumi a shiyagalolunye nesihlanu, wa zala amadodana namadodakazi:

31 Izinsuku zonke zika Lameka za zi iminyaka e ngamakulu a kombisa namashumi a kombisa nesikombisa: wa fa.

32 uNoa wa e neminyaka e ngamakulu amahlanu: uNoa wa zala uShemi, noHamu, noJafete.

## ISAHLUKO 6.

KWA ti, abantu be qala ukwanda emhlabeni, be zala amadodakazi,

2 Amadodana ka Tixo a bona amadodakazi abantu ukuti, mahle; a tabata abafazi kuwo onke a wa tandayo.

3 Wa ti uJehova, Umoya wami a u yi kuhlala ku bantu njalo ngenxa yezono zabo; ba inyama nje; izinsuku zabo zi ya kuba iminyaka e ikulu namashumi amabili.

4 Iziqwaka za zi kona ezweni ngalesosikati, nangasemva, lapo amadodana ka Tixo a ngena kumadodakazi abantu, a wa zalela *abantwana*, labo ba ba abantu aba namandhla ba sendulo, abadumileyo.

5 uTixo wa ku bona ukona kwabantu ku kulu emhlabeni, nokucabanga konke kwezizindhlo zenhliziyo yake ukuba kubi impela njalo njalo.

6 uJehova wa guquka ngokuba wa e benzile abantu emhlabeni, wa dabuka enhliziyweni yake.

7 Wa ti uJehova, Ngi za kububisa abantu engi benzileyo ba nga bi ko ebusweni bomhlaba, abantu, nezinkomo, nezilwane, nezinyoni zezulu, ngokuba ngi zisolile ukuba ngi benzile.

8 Kepa uNoa wa zuza umusa emehlweni ka Jehova.

9 Lezi zi yizindaba zika Noa: uNoa wa e ngumuntu olungileyo, e nge nacala esizukulwaneni sake; uNoa wa hamba noTixo.

10 uNoa wa zala amadodana amatatu, uShemi, noHamu, noJafete.

11 Izwe la lonakele ebusweni buka Jehova, izwe la li gcwele ukupanga.

12 uTixo wa bona izwe, bheka, la lonakele; ngokuba abantu bonke ba be hamba kabi emhlabeni.

13 Wa ti uJehova kuNoa, Se ku fikile pambi kwami ukupela kwabantu bonke, ngokuba izwe li gcwele ukupanga ngenxa yabo; bheka ngi za kubabubisa kanye nezwe.

14 Wake umkumbi ngemiti e nenhlaka; wenze izindhlu emkunjini, u u huqe ngenhlaka ngapakati nangapandhle.

15 Iko loku o za kukwenza: Ubude bomkumbi bu izingalo ezi makulu matatu, ububanzi bawo bu izingalo ezi mashumi amahlanu, ubude bawo ukuya pezulu bu izingalo ezi mashumi matatu.

16 Wenze isibuko emkunjini, u si gcine ngapezulu ngengalo i benye; u beke umnyango womkumbi ecaleni lawo; wenze izindhlu ngapansi, nezesibili nezesitatu pezulu.

17 Bheka, ngi ya kuleta uzamcolo wamanzi emhlabeni; ukuba a bubise inyama yonke e nemipefumlo e pilayo, e ngapansi kwezulu; konke oku semhlabeni ku za kufa.

18 Kodwa ngi ya kuqinisa kuwe isivumelwano sami; u ya kungena emkunjini, wena, namadodana ako, nomkako, nomka madodana ako nawe.

19 Na kuzo zonke izinto ezizwayo zenyama yonke, u ya kutabata ngambili kuzo zonke izinhlobo, u zi ngenise emkunjini ukuba uzisindise nawe, zi be induna nensikazi.

20 Izinyoni izinhlobo ngezinhlobo, nezinkomo izinhlobo ngezinhlobo, nazo zonke izilwane zomhlaba, izinhlobo ngezinhlobo; ngambili kuzo zonke izinhlobo, zi ya kuza kuwe, zi sinde.

21 U tabate kuko konke ukudhla okudhliwayo, u ku butele kuwe; ku be ukudhla kwako nokwazo.

22 Wenza njalo uNoa; njengaloko konke uTixo a be m yalile ngako, wenza okunje.

## ISAHLUKO 7.

WA ti uJehova kuNoa, Ngena emkunjini, wena nayo yonke indhlu yako; ngokuba ngi ku bonile u lungile wena ebusweni bami esizukulwaneni lesi.

2 Kuzo zonke izilwane ezidhliwayo u ya kutabata ngakombisa, induna nensikazi yayo; na kuzo izilwane ezingadhliwayo *u ya ku*tabata ngambili, induna nensikazi yayo.

3 Na kuzo izinyoni zezulu ngakombisa, induna nensikazi; ukuba u londoloze imbeu ebusweni bomhlaba wonke.

4 Ngokuba ngasemva kwezinsuku ezikombisa ngi ya kunisa imvula emhlabeni amalanga amashumi amane; konke okupilayo engi kwenzileyo ngi za ku kububisa ebusweni bomhlaba.

5 uNoa wenza njengako konke uJehova a be m yalele kona.

6 uNoa wa e neminyaka e makulu a tatisitupa, msukwana uzamcolo wamanzi e fika emhlabeni.

7 uNoa wa ngena emkunjini, namadodana ake, nomkake, nomka madodana ake naye, ngenxa yamanzi ka zamcolo.

8 Izilwane ezidhliwayo, nezilwane ezingadhliwayo nezinyoni, nezinto zonke ezihambayo emhlabeni,

9 Za ngena ngambili kuNoa emkunjini, induna nensikazi, njengaloku uTixo a be m yalile uNoa.

10 Kwa ti ngasemva kwezinsuku ezikombisa amanzi ka zamcolo a fika emhlabeni.

11 Ngomnyaka wamakulu a tatisitupa wokuhamba kuka Noa, ngenyanga yesibili, ngosuku lweshumi nesikombisa lwenyanga, ngalolosuku imitombo yonke yolwandhle ya boboka, nezintuba zezulu za vuleka.

12 La na emhlabeni amalanga a ba mashumi mane nobusuku ba ba mashumi mane.

13 Ngalolosuku wa ngena emkunjini uNoa, noShemi, noHamu, noJafete, amadodana ka Noa, nomka Noa, nomka madodana ake abatatu nabo.

14 Bona, nezilo zonke izinhlobo ngezinhlobo, nezinkomo zonke izinhlobo ngezinhlobo, nezilwane zonke ezihambayo emhlabeni izinhlobo ngezinhlobo, nezinyoni zonke izinhlobo ngezinhlobo, izinyonyana zonke zamapiko onke.

15 Za ngena kuNoa emkunjini, zimbili ngezimbili kwenyama yonke e nemipefumlo ezwayo.

16 Ezangenayo za ngena induna nensikazi zenyama yonke, njengaloko a be yalile uTixo; uJehova wa m valela pakati.

17 La na, lenza uzamcolo emhlabeni izinsuku za ba mashumi mane: amanzi anda, a pakamisa umkumbi, wa pakama pezu komhlaba.

18 Amanzi anda, a kula kakulu emhlabeni: umkumbi wa hamba ebusweni bamanzi.

19 Amanzi anda kakulu emhlabeni; za gutyuzelwa izintaba ezinde zonke, ezi pansi kwezulu lonke.

20 Amanzi anda, enyuka, a ya pezulu izingalo ezi ishumi nanhlanu; izintaba za gutyuzelwa.

21 Ya fa inyama yonke eya i hamba emhlabeni, izinyoni, nezinkomo, nezi-

lwane, nezinto zonke ezihambayo emhlabeni, nabantu bonke.

22 Izinto zonke ezi nemipefumlo yomoya ozwayo, zonke ezi semhlabatini omileyo, za fa.

23 Kwa bujiswa konke okuzwayo okwa ku sebusweni bomhlaba, nabantu, nezinkomo, nezilwane, nezinyoni zezulu; kwa bujiswa emhlabeni; wa sala uNoa yedwa nabo aba be kona naye emkunjini.

24 Amanzi a e kulile emhlabeni izinsuku za ba ikulu namashumi amahlanu.

## ISAHLUKO 8.

UTIXO wa kumbula uNoa, nezilwane zonke, nezinkomo zonke ezi naye emkunjini: uTixo wa leta umoya emhlabeni, amanzi a bohla.

2 Kwa vinjelwa imitombo yolwandhle nezintuba zezulu, ya kaulelwa imvula ezulwini.

3 Amanzi a ncipa njalo emhlabeni: ngasemva kwezinsuku ezi ikulu namashumi amahlanu amanzi a e ncipa.

4 Kwa ti ngenyanga yesikombisa, ngosuku lweshumi nakombisa lwenyanga, umkumbi wema ezintabeni za se-Ararati.

5 Amanzi a e ncipa njalo, ya za ya twasa inyanga yeshumi: *ngenyanga* yeshumi, *ngosuku* lokuqala lwenyanga, za bonakala iziqongo zezintaba.

6 Kwa ti ngasemva kwezinsuku ezi amashumi amane, uNoa wa vula isibuko somkumbi a be senzile.

7 Wa li pumisa igwababa, la zulazula njalo a za a tya amanzi emhlabeni.

8 Wa buya wa pumisa ijuba kuye ukubona ukuba a ncipile amanzi ebusweni bomhlaba.

9 Kepa ijuba a li fumananga ukupumula konyawo lwalo; la buyela kuye emkunjini, ngokuba amanzi a e se sebusweni bomhlaba wonke: wa selula isandhla sake, wa li tabata, wa li ngenisa kuye emkunjini.

10 Wa buya wa hlala futi izinsuku ezikombisa; wa pinda wa li pumisa ijuba emkunjini.

11 Ijuba la ngena kuye kusihlwa; bheka, iqabunga lomgwenya elikiweyo li semlonyeni walo: kona wazi uNoa ukuti, amanzi a se ncipile emhlabeni.

12 Wa buya wa hlala futi izinsuku ezikombisa; wa pumisa ijuba; a li pindanga li sa buyela kuye.

13 Kwa ti ngomnyaka wamakulu a tatisitupa nanye, ngenyanga yokuqala, ngosuku lokuqala lwenyanga, amanzi a be e tyile emhlabeni: uNoa wa susa isisibekelo somkumbi, wa kangela, bheka, ba se bomile ubuso bomhlaba.

14 Ngenyanga yesibili, ngosuku lwamashumi amabili a nesikombisa lwenyanga, wa se womile umhlaba.

15 uTixo wa kuluma kuNoa, e ti,

16 Puma emkunjini, wena, nomkako, namadodana ako, nomka madodana ako nawe.

17 Puma nezilwane zonke ezi nawe, zenyama yonke, izinyoni, nezinkomo, nezilwane zonke ezihambayo emhlabeni, a zi vame emhlabeni, zi zale zande ezweni.

18 uNoa wa puma, namadodana ake, nomkake, nomka madodana ake naye.

19 Izilwane zonke, nezilwanyana zonke, nezinyoni zonke, konke okuhambayo emhlabeni, izinhlobo ngezinhlobo, kwa puma emkunjini.

20 uNoa wa m akela uJehova ilati; wa tabata kuzo zonke izilwane ezidhliwayo, na kuzo zonke izinyoni ezidhliwayo, wa nikela iminikelo yokutya elatini.

21 uJehova wezwa ipunga elimnandi: wa ti uJehova enhliziyweni yake, A ngi sa yi kubuya ngi tuke umhlaba ngenxa yabantu: kodwa izicabango zezinhliziyo zabantu zimbi se iloku ba zalwayo; a ngi sa yi kupinda ngi bubise konke okuzwayo njengaloku engi kwenzileyo.

22 Nxa u se kona umhlaba, a ku yi kunqamuka ukulima nokuvuna, amakaza nokufudumala, ihlobo nobusika, imini nobusuku.

## ISAHLUKO 9.

UTIXO wa m busisa uNoa namadodana ake, wa ti kubo, Zalani, nande, ni gcwalise umhlaba.

2 Ni ya kuba nesitunzi, nesatywe izilwane zonke zomhlaba, nezinyoni zonke zezulu, nako konke okuhambayo emhlabeni, nezinhlanzi zonke zolwandhle: zi nikelwe esandhleni senu.

3 Izilwane zonke ezizwayo zi ya kuba ukudhla kwenu; se ngi ni pile konke njengemiti eluhlaza.

4 Kodwa inyama e zwayo, e negazi layo, a ni yi kudhla yona.

5 Igazi lenu, elokupila kwenu, ngi qinisile, ngi ya kulibiza, esandhleni sezilwane zonke ngi ya kulibiza, na sesandhleni sabantu; ngi ya kubiza ukupila

kwabantu, o komunye esandhleni so-
munye.
6 Yena o palaza igazi lomuntu, igazi
lake li ya kucitwa umuntu; ngokuba
ngomfanekiso ka Tixo wa benza abantu.
7 Zalani nina, nande; vamani emhla-
beni, ni be baningi kuwo.
8 uTixo wa kuluma kuNoa na kuma-
dodana ake a naye, e ti,
9 Bhekani, ngi ya qinisa isivumelwa-
no sami nani, nenzalo yenu ngasemva
kwenu:
10 Nezilwane zonke ezizwayo ezi na-
ni, izinyoni, nezinkomo, nezilwane zo-
nke zomhlaba ezi nani; zonke ezi puma
emkunjini ku ze ku be ezilwaneni zonke
zomhlaba.
11 Ngi ya kuqinisa isivumelwano sa-
mi nani; a ku sa yi kubujiswa futi inya-
ma yonke ngamanzi ka zamcolo; a ka
sa yi kuza futi uzamcolo ukuba a cite
izwe.
12 Wa ti uTixo, Loku ku yisibonaka-
liso sesivumelwano, e ngi si misayo pa-
kati kwami nani, nezinto zonke ezizwa-
yo ezi nani, kuze ku be ezizukulwaneni
zonke.
13 Ngi ya misa utingo lwami efwini,
lu be isibonakaliso sesivumelwano pa-
kati kwami nezwe.
14 Ku za kuti, nxa ngi zisa ifu pezu
komhlaba, utingo lu za kubonakala
efwini:
15 Ngi ya kusikumbula isivumelwa-
no sami esi pakati kwami nani, nezi-
nto zonke ezizwayo; amanzi a ka sa
yi kuba uzamcolo wokububisa inyama
yonke.
16 Utingo lu ya kuba efwini: ngi ya
kulubheka, ngi kumbule isivumelwano
esi pakade, esi pakati kuka Tixo nezinto
zonke ezizwayo zenyama yonke e se-
mhlabeni.
17 Wa ti uTixo ku Noa, Loku kuyisi-
bonakaliso sesivumelwano, e ngi si mi-
sileyo pakati kwami nenyama yonke e
semhlabeni.
18 Amadodana ka Noa, a puma
emkunjini, a e nguShemi, noHamu,
noJafete: uHamu wa e nguyise ka
Kenani.
19 Lawa amatatu a e ngamadodana
ka Noa: ba vela kuwo aba semhlabeni
wonke, be zihlakazekela.
20 uNoa wa qala wa ba umlimi wo-
mhlabati, wa tyala isivini.
21 Wa puza iwaini, wa dakwa; wa
lala bunqu etenteni lake.
22 uHamu, uyise ka Kenani, wa bona
ubunqunu buka yise, wa ba tyela abafo
wabo bobabili be ngapandhle.
23 uShemi noJafete ba tabata ingubo,
ba i beka emahlombe abo bobabili, ba
hlehla nyovane, ba bu sibekela ubu-
nqunu buka yise; ubuso babo bu bheka
emva, a ba bonanga ubunqunu buka yise.
24 uNoa wa vuka ekudakweni, we-
zwa loko, e bi kwenzile kuye indodana
yake encinyane.
25 Wa ti, U tukiwe uKenani, u ya ku-
ba isigqili sezigqili kubafo wabo.
26 Wa ti futi, U busisiwe uJehova
uTixo ka Shemi; uKenani u ya kuba
isigqili sake.
27 uTixo u ya kumkulisa uJafete, a
hlale ematenteni ka Shemi; uKenani u
ya kuba isigqili sake.
28 Ngasemva kuka zamcolo uNoa wa
hamba iminyaka ya ba makulu matatu
namashumi amahlanu.
29 Izinsuku zonke zika Noa za zi imi-
nyaka e makulu a shiyagalolunye na-
mashumi amahlanu.

## ISAHLUKO 10.

LEZI zi izizukulwane zamadodana ka
Noa, uShemi noHamu, noJafete:
ba zala amadodana ngasemva kuka za-
mcolo.
2 Amadodana ka Jafete; uGomere, no-
Magoge, noMadai, noJavane, noTubale,
noMesheke, noTirase.
3 Amadodana ka Gomere; uAsheke-
naze, noRifate, noTogarma.
4 Amadodana ka Javane; uElisha, no-
Tarshishi, noKitime, noDodanime.
5 Aba seziqingini zezizwe, *ba vela* ku-
bo, be zihlakazekela emazweni abo; bo-
nke, ngezilimi zabo, ngezinhlobo zabo,
ezizweni zabo.
6 Amadodana ka Hamu: uKushe, no-
Mizirami, noFuti, noKenani.
7 Amadodana ka Kushe: uSeba, no-
Havila, noSabta, noRama, noSabteka:
amadodana ka Rama; uSheba noDe-
dane.
8 uKushe wa zala uNimrode: wa qala
wa ba isiqwaga ezweni.
9 Wa ba isiqwaga sokuzingela ebu-
sweni buka Jehova: ngako kwa tiwa,
NjengoNimrode isiqwaga sokuzingela
ebusweni buka Jehova.
10 Wa qala wa busa eBabeli, na se-
Ereke, na seAkade, na seKalne, ezweni
la seShinari.
11 Wa puma ku lelozwe, wa ya eAsuri,

waka iNinevi, nomuzi iRehoboti, ne-
Kala.
12 NeReseni pakati kweNinevi neKa-
la: lowo u ngumuzi omkulu.
13 uMizrami wa zala uLudime, no-
Anamime, noLehabime, noNaftuhime,
14 NoPatrusime, noKasluhime, aba
vela kuye, oFilistime, noKaftorime.
15 uKenani wa zala uSidone, izibulo
lake, noHete,
16 NoJebusi, noAmori, noGirigasi,
17 NoHivi, noArki, noSini,
18 NoArivadi, noZemari, noHamati:
ngasemva izindhlu zamaKenani za zi-
hlakazekela.
19 Umkaulo wamaKenani wa u qala
eSidone wa ya eGerari wa za wa fika
eGaza; wa ya eSodoma na seGomora, na
seAdma; na seZebomi wa za wa fika
Elasha.
20 Laba ba be ngamadodana ka Hamu,
ngezinhlobo zawo, na ngezilimi zawo,
emazweni awo, na sezizweni zawo.
21 Naye uShemi, uyise wabantwana
bonke baka Eberi, umnawe ka Jafete
omkulu, wa zala abantwana.
22 Amadodana ka Shemi; uElame,
noAshuri, noArfaksade, noLude, no-
Aramu.
23 Amadodana ka Aramu; uZe, noHu-
le, noGeteri, noMashe.
24 uArfaksade wa zala uSala; uSala
wa zala uEberi.
25 uEberi wa zala amadodana amabili:
igama lomunye la li nguPelegi; ngoku-
ba emihleni yake izwe la datyulwa; iga-
ma lomnawe wake la li nguJoktane.
26 uJoktane wa zala uAlmodade, no-
Shelefe, noHazarmate, noJera.
27 NoHadoramu, noUzale, noDikla.
28 NoObale, noAbimele, noSheba.
29 NoOfire, noHavila, no Jobabe: laba
bonke ba be ngamadodana ka Joktane.
30 Ukwaka kwabo kwa qala eMesha
kwa ya kwa fika eSefare, intaba ya se-
mpumalanga.
31 Laba ba be ngamadodana ka Shemi,
ngezinhlobo zawo, na ngezilimi zawo,
emazweni awo, ngezizwe zawo.
32 Lezi zi izindhlu zamadodana ka
Noa ngezinzalo zawo, ezizweni zawo:
izizwe *za vela* kuwo za hlakazeka emhla-
beni ngasemva kuka zamcolo.

## ISAHLUKO 11.

IZWE lonke la li nolimi lunye, noku-
kuluma kunye.
2 Kwa ti ekusukeni kwabo ngasempu-
malanga, ba fumanisa itafa ezweni la
seShinari; baka kulo.
3 Ba kuluma bodwa be ti, A senze
isitini, si si tyise nokutyisa. Isitini sa
si ngamatye abo, ibitume la li udaka
lwabo.
4 Ba ti, A sake umuzi nombotyongo,
isiqongo sawo *si fike* ezulwini; senze
igama, si nga hlakazeki ebusweni bo-
mhlaba wonke.
5 uJehova wehla ukubona umuzi no-
mbotyongo, aba be kwakile abantwana
babantu.
6 Wa ti uJehova, Bhekani, isizwe si-
nye, nolimi lunye kubo bonke; se be
qala ukwenza loku: kaloku a ba sa yi
kunqanyulelwa ngaluto kuko konke aba
qambile ukuba ba kwenze.
7 A sehle si sanganise kona ulimi lwa-
bo, ukuba ba ngezwani, omunye ulimi
lomunye.
8 uJehova wa ba hlakaza kona ebuswe-
ni bomhlaba wonke; ba peza ukwaka
umuzi.
9 Ngako igama lawo la tiwa iBabeli;
ngokuba uJehova wa sanganisa ulimi
lwezwe lonke; uJehova wa ba hlakaza
kona ebusweni bomhlaba wonke.
10 Lezi zi izizukulwane zika Shemi:
uShemi wa ba neminyaka e ikulu, wa
zala uArfaksade iminyaka emibili nga-
semva kuka zamcolo.
11 Ngasemva kokuzalwa kuka Arfa-
ksade, uShemi wa hamba iminyaka ya
ba makulu mahlanu, wa zala amadoda-
na namadodakazi.
12 uArfaksade wa hamba iminyaka ya
ba mashumi matatu a nesihlanu, wa
zala uSala.
13 Ngasemva kokuzalwa kuka Sala,
uArfaksade wa hamba iminyaka ya ba
makulu mane nantatu wa zala amado-
dana namadodakazi.
14 uSala wa hamba iminyaka ya ba
mashumi matatu, wa zala uEberi:
15 Ngasemva kokuzalwa kuka Eberi,
uSala wa hamba iminyaka ya ba amaku-
lu amane nantatu, wa zala amadodana
namadodakazi.
16 uEberi wa hlala iminyaka ya ba
amashumi amatatu nane, wa zala uPelegi.
17 Ngasemva kokuzalwa kuka Pelegi
uEberi wa hamba iminyaka ya ba ama-
kulu amane namashumi amatatu, wa
zala amadodana namadodakazi.
18 uPelegi wa hamba iminyaka ya ba
amashumi amatatu, wa zala uReu.
19 Ngasemva kokuzalwa kuka Reu,

uPelegi wa hamba iminyaka ya ba makulu mabili nashiyagalolunye, wa zala amadodana namadodakazi.

20 uReu wa hamba iminyaka ya ba amashumi amatatu nambili, wa zala uSerugi:

21 Ngasemva kokuzalwa kuka Serugi, uReu wa hamba iminyaka ya ba makulu mabili nesikombisa, wa zala amadodana namadodakazi.

22 uSerugi wa hamba iminyaka ya ba amashumi amatatu, wa zala uNahori.

23 Ngasemva kokuzalwa kuka Nahori, uSerugi wa hamba iminyaka ya ba amakulu amabili, wa zala amadodana namadodakazi.

24 uNahori wa hamba iminyaka ya ba amashumi amabili nashiyagalolunye, wa zala uTera:

25 Ngasemva kokuzalwa kuka Tera, uNahori wa hamba iminyaka ya ba ikulu neshumi nashiyagalolunye, wa zala amadodana namadodakazi.

26 uTera wa hamba iminyaka ya ba amashumi a kombisa, wa zala uAbrama, noNahori, noHaranu.

27 Lezi zi izizukulwane zika Tera: uTera wa zala uAbrama, noNahori, noHaranu; uHaranu wa zala uLoti.

28 uHaranu wa fa ngapambili kuka Tera uyise, ezweni, a zalelwa kulo, eUre lamaKaledi.

29 uAbrama noNahori ba zitabatela abafazi: igama lomka Abrama la li nguSarai; igama lomka Nahori la li nguMilka, indodakazi ka Haranu, uyise ka Milka, noyise ka Iska.

30 uSarai wa e inyumba; e nge nanzalo.

31 uTera wa tabata uAbrama, idodana yake, noLoti indodana ka Haranu, indodana yendodana yake, noSarai umalukazana wake; umka Abrama indodana yake; be suka nabo eUre lamaKaledi, ukuba ba ye ezweni la seKenani; ba fika eHaranu, baka kona.

32 Izinsuku zika Tera za zi iminyaka e makulu mabili nanhlanu: uTera wa fa eHaranu.

## ISAHLUKO 12.

UJEHOVA wa ti kuAbrama, Suka ezweni lako, na sezihlotyeni zako, na sendhlini ka yihlo, u ye ezweni engi za kukukombisa lona.

2 Ngi ya kukwenza u be isizwe esikulu, ngi ku busise, ngi kulise igama lako; u ya kuba isibusiso.

3 Ngi ya kubusisa abakubusisayo, ngi m tuke okutukayo: zi ya kubusiswa ngawe izizwe zonke zomhlaba.

4 uAbrama wesuka njengaloko uJehova a be tyilo kuye: uLoti wesuka naye: uAbrama wa e neminyaka emashumi a kombisa nanhlanu, msukwana e muka eHaranu.

5 uAbrama wa tabata uSarai umkake, noLoti indodana yomfo wabo, nemfuyo yonke yabo, aba be i fuyile, nabantu aba be ba tolile eHaranu; be muka ukuya ezweni la seKenani; ba fika ezweni la seKenani.

6 uAbrama wa dabula izwe, wa fika endaweni ka Sikeme, emkobeni wa seMore. uKenani wa e se kona ezweni.

7 uJehova wa bonakala kuAbrama, wa ti, Ngi ya kunika inzalo yako lelizwe: wa m akela kona uJehova ilati, owa bonakala kuye.

8 Wesuka kona, wa ya entabeni ngasempumalanga kwa seBeteli, wa misa itente lake, iBeteli li ngasentyonalanga, iHai li ngasempumalanga: wa m akela kona uJehova ilati, wa bonga igama lika Jehova.

9 uAbrama wesuka njalo, e qonda ngaseningizimu.

10 Kwa ku kona indhlala ezweni; uAbrama wehla wa ya Egipite ukuhlala kona; ngokuba indhlala ya inzima ezweni.

11 Kwa ti, e sa sondela ukungena Egipite, wa ti kuSarai umkake, A ku bheke, ngi yazi u umfazi obukekayo.

12 Ku ya kuti, nxa abasEgipite be ku bona, ba ya kuti, Lowo u umkake; ba za kungibulala mina, ba londe wena.

13 Wo tike, U udade wetu: ukuba ku ngi lungele ngenxa yako; umoya wami u sinde ngawe.

14 Kwa ti ukufika kuka Abrama Egipite, abasEgipite ba m bona umfazi ukuti, muhle impela.

15 Izinduna zika Faro za m bona, za m babaza pambi kuka Faro: umfazi wa ngeniswa endhlini ka Faro.

16 Wa m pata kahle uAbrama ngenxa yake: wa e nezimvu nezinkomo, nezinjomane, nezinceku, nezincekukazi, nezinjomanekazi, namakamelo.

17 uJehova wa m tyaya uFaro nendhlu yake ngokutyaya okukulu, ngenxa ka Sarai umka Abrama.

18 uFaro wa m biza uAbrama, wa ti, ini o kwenze kimina na? ini ukuba u nga ngi tyelanga ukuti, umkako na?

19 U tyolani ukuti, Udade wetu, na? nga ngi m tabatile, wa ba umkami: a ku bheke, nangu umkako, m tabate, u hambe.

20 uFaro wa yalela abantu bake ngaye: ba m mukisa, nomkake, nako konke a e nako.

## ISAHLUKO 13.

UABRAMA wa kupuka Egipite, nomkake, nako konke a nako, noLoti naye, *ba ya* ngaseningizimu.

2 uAbrama wa e fuyile kakulu izinkomo, nesiliva negolide.

3 Wa hamba njengokuza kwake e suka ngaseningizimu, wa za wa fika eBeteli, endaweni ela li kuyo itente lake kuqala, pakati kweBeteli neHai;

4 Endaweni yelati, a lenzayo kona kuqala: uAbrama wa li bonga kona igama lika Jehova.

5 Naye uLoti, owa hamba noAbrama, wa e nezimvu, nezinkomo, namatente.

6 Izwe a li banelanga, ukuba ba hlale ndawonye; ngokuba imfuyo yabo ya inkulu, ba be nge hlale ndawonye.

7 Kwa ku kona inkani pakati kwabalusi bezinkomo zika Abrama nabalusi bezinkomo zika Loti: uKenani noPerizi ba be sezweni.

8 Wa ti uAbrama kuLoti, A ku nga bi ko inkani pakati kwami nawe, na pakati kwabalusi bami nabalusi bako, ngokuba si ngabazalwane.

9 Izwe lonke a li ko ini po ebusweni bako na? a ku hlukane nami: nxa u ya ngakwesokunene, ngi za kuya ngakwesokohlo; nanxa u ya ngakwesokohlo, ngi za kuya ngakwesokunene.

10 uLoti wa pakamisa amehlo ake, wa kangela imfunda yonke ya seJordani, ngokuba ya i namanzi yonke, uJehova e nga ka cita iSodoma neGomora, ya i njengensimu ka Jehova, njengezwe la seEgipite, kuze ku fike eZora.

11 uLoti wa keta imfunda yonke ya seJordani; uLoti wesuka wa ya ngasempumalanga: ba hlukana.

12 uAbrama wa hlala ezweni la seKenani; uLoti wa hlala emizini ya semfundeni, wa misa itente lake ngaseSodoma.

13 Kepa abantu ba seSodoma ba be babi, be aboni kakulu kuJehova.

14 Wa ti uJehova kuAbrama, uLoti e sahlukene naye, A ku pakamise amehlo ako, u me endaweni o kuyo, u kangele ngasenyakato na ngaseningizimu, na ngasempumalanga, na ngasentyonalanga:

15 Ngokuba izwe lonke, o li bonayo, ngi za kulinikela kuwe, na kuyo inzalo yako ku ze ku be pakade.

16 Ngi ya kwenza inzalo yako i be njengotuli lomhlabati: nxa umuntu e nga bala utuli lomhlabati, i nga balwa nayo inzalo yako.

17 Suka, u hambele ezweni, ebudeni balo na sebubanzini balo; ngokuba ngi ya kukunika lona.

18 uAbrama wesuka, weza waka emikobeni ka Mamre la seHebroni; wa m akela kona uJehova ilati.

## ISAHLUKO 14.

KWA ti emihleni ka Amrafeli inkosi ya seShinari, noArioki inkosi ya seElasare, noKedolomeri inkosi ya seElami, noTidali inkosi yezizwe,

2 Laba ba lwa noBera inkosi ya seSodoma noBiresha inkosi ya seGomora, noShinabe inkosi ya seAdma, noShemebere inkosi ya seZebomi; nayo inkosi ya seBela, okuti iZora.

3 Laba bonke ba hlangana emfundeni ya seSidimi, e se li ulwandhle luka Sawoti.

4 Iminyaka ya ba ishumi nambili be m konza uKedolomeri, ngomnyaka weshumi nantatu ba hlubuka.

5 Ngomnyaka weshumi nane kweza uKedolomeri namakosi a naye, ba cita amaRefai a seAshtorote Karenami, namaZuzi a seHamu, namaEmi a semfundeni ya seKiritami,

6 nAmahori a sentabeni yabo iSira, ku ze ku fike Elparani, oku sehlane.

7 Ba buya beza Enmishpata, okuti iKadeshi, ba cita izwe lonke lamaAmaleki, nawo amaAmori a e hlezi eHazezontamari.

8 Kwa puma inkosi ya seSodoma, nenkosi ya seGomora, nenkosi ya seAdema, nenkosi ya seZebomi, nenkosi ya seBela, okuti iZora; ba hloma ba lwa nabo emfundeni ya seSidimi;

9 Ba lwa noKedolomeri inkosi ya seElami, noTidali inkosi yezizwe, noAmrafeli inkosi ya seShinari, noArioki inkosi ya seElasare; amakosi amane *a lwa* namahlanu.

10 Imfunda ya seSidimi ya i nemigodi yebitume: inkosi ya seSodoma neya seGomora, a baleka, a hluleka kona; abaseleyo ba baleka ba ya entabeni.

11 Ba tabata izinto zonke za seSodoma

neza seGomora, nokudhla konke kwabo,
bemuka.
12 Ba m tabata uLoti indodana yomfo
wabo ka Abrama, owa e hlezi eSodoma,
nezinto zake, bemuka.
13 Kweza o sindileyo, wa m bikela
uAbrama umHeberu; ngokuba wa e
hlala emikobeni ka Mamre umAmori,
umfo wabo ka Eshikoli, nomfo wabo
ka Aneri: labo ba be hlangene no-
Abrama.
14 uAbrama e zwa ukuti, u tunjiwe
umfo wabo, wa ba hlomisa abake abafu-
ndileyo, aba zaliwe endhlini yake, aba
amakulu amatatu neshumi nashiyaga-
lombili, wa ba landela, wa za wa fika
eDani.
15 Wa bahlukanisa abake wa ya kubo
ebusuku, yena nezinceku zake, wa ba-
hlula, wa ba landela wa za wa fika eHo-
ba, eli ngasokohlo kweDamaseku.
16 Wa buyisa izinto zonke, wa m bu-
yisa naye uLoti umfo wabo, nezinto za-
ke, nabesifazana, nabantu.
17 Ngasemva kokubuya kwake ekwa-
hluleni uKedolomeri namakosi a naye,
ya puma inkosi ya seSodoma ukumhla-
ngabeza emfundeni ya seShavi, eli
imfunda yenkosi.
18 uMelkizideki inkosi ya seSalemi,
wa leta ukudhla newaini: wa e umpristi
ka Tixo o pezu konke.
19 Wa m busisa, wa ti, U busiswe
uAbrama nguTixo o pezu konke, umni-
nizulu nomhlaba.
20 U busisiwe uTixo o pezu konke, o
zi nikele izita zako esandhleni sako.
Wa m nika okweshumi kuko konke.
21 Ya ti inkosi ya seSodoma kuAbra-
ma, Ngi nike abantu, u tabate izinto.
22 Wa ti uAbrama enkosini ya seSo-
doma, Ngi pakamisile isandhla sami ku-
Jehova, uTixo o pezu konke, umnini-
zulu nomhlaba,
23 A ngi yi kutabata intanjana, no-
qoto lwesicatulo, a ngi yi kutabata uto
kuko konke okwako, ukuba u nga tyo,
ukuti Ngi m fuyisile uAbrama;
24 Loko kupela, oku dhliwe izinceku,
nokwababelwe abantu aba be hamba
nami, uAneri, noEshikoli, noMamre:
a ba tabate abakwabelweyo.

## ISAHLUKO 15.

NGASEMVA kwaloko izwi lika Je-
hova leza kuAbrama, li ti, U nge-
sabi, Abrama; ngi isihlangu sako, ne-
nzuzo yako enkulu kakulu.
2 Wa ti uAbrama, Nkosi Jehova, u ya
kungipani na? loku ngi hamba ngi nge
namtwana: uElizeri wa seDamaseku u
ya kuba umbonisi wendhlu.
3 Wa ti uAbrama, Bheka, a u ngi pa-
nga imbeu: bheka, inceku e zalwa
endhlini yami i za kulidhla ifa lami.
4 Bheka, izwi lika Jehova leza kuye,
li ti, Lo a ka yi kulidhla ifa lako; ko-
dwa lo o za kuzalwa uwe u ya kuli-
dhla ifa lako.
5 Wa m pumisela ngapandhle, wa ti,
Kangela ezulwini, u bale izinkanyezi,
uma u nga zi bala: wa ti kuye, Ku za
kuba njalo inzalo yako.
6 Wetemba kuJehova; wa ti ku uku-
lunga kwake.
7 Wa ti kuye, Ngi nguJehova owa ku
pumisa eUre la semaKaldi, ukuba ngi
ku nike lelizwe li be ifa lako.
8 Wa ti, Nkosi Jehova, ngi ya kuzwa
ngani ukuti li za kuba ifa lami na?
9 Wa ti, Ngi tabatele isitole esi nemi-
nyaka emitatu, nembuzi e yinsikazi e
neminyaka emitatu, nevukutu, neju-
bana.
10 Wa zi tabata zonke lezo, wa zi da-
bula pakati, wa zi hlela izingcezu za bhe-
kana: kepa ka zi dabulauga izinyoni,
11 Amanqe ehlela pezu kwezidumbu,
uAbrama wa wa xotya.
12 Kwa ti ukutyona kwelanga, ubuto-
ngo obunzima ba m ehlela uAbrama;
bheka, kwa m ehlela ubumnyama obu-
kulu obusabekayo.
13 Wa ti kuAbrama, A ke u zwisise,
inzalo yako i za kuba abafokazi ezweni
eli nge silo e layo, i konze; ba ya kui-
hlupa iminyaka i be amakulu amane;
14 Kepa lesosizwe, e za kusikonza, ngi
ya kusahlulela: ngasemva i ya kupuma
i nemfuyo enkulu.
15 Nawe u ya kuya koyise benu u to-
koza; u ya kumbelwa u su mdala.
16 Ngesizukulwane sesine i ya kubu-
yela lapa: ngokuba izono zamaAmori
a zi ka peleli.
17 Kwa ti ukutyona kwelanga, kwa
ba mnyama, bheka, kwa dhlula pakati
kwa lezo zingcezu iziko lomusi, nela-
ngabi lomlilo.
18 Ngalolosuku uJehova wa senza isi-
vumelwano noAbrama, e ti, Ngi nikile
inzalo yako lelizwe, li qala emfuleni wa
sEgipite li ze li fike emfuleni omkulu,
umfula okutiwa Ufrate:
19 AmaKeni, namaKenizi, namaKa-
dmoni,

20 NamaHiti, namaPerizi, namaRe-
fai,
21 NamaAmori, namaKenani, nama-
Girgashi, namaJebusi.

## ISAHLUKO 16.

USARAI umka Abrama a ka m zale-
langa bantwana: wa e nencekukazi
ya sEgipite, igama layo la li nguHa-
gari.
2 Wa ti uSarai kuAbrama, Bhekake,
uJehova u ngi nqabele ukuba ngi zale;
a ku ngene ku yo incekukazi; ingabe
ngi za kwakelwa ngayo. uAbrama wa
lalela izwi lika Sarai.
3 uSarai, umka Abrama, wa tabata
uHagari wa sEgipite, incekukazi yake,
wa m nika uAbrama indoda yake, a be
umfazi wake, uAbrama e sakile eKenani
iminyaka e ishumi.
4 Wa ya kuHagari, wa kulelwa: e bo-
na ukuti u kulelwe, inkosikazi yake ya
deleleka emehlweni ake.
5 Wa ti uSarai kuAbrama, Ukuhlu-
peka kwami a ku be kuwe; ngi nikele
incekukazi yami esifubeni sako; ku te i
bona i kulelwe, nga deleleka eme-
hlweni ayo: uJehova a tete icala pakati
kwami nawe.
6 Wa ti uAbrama kuSarai, Bheka,
incekukazi yako i sesandhleni sako;
yenza kuyo okufanele emehlweni ako.
Kona uSarai wa i hlupa, ya baleka ebu-
sweni bake.
7 Isitunywa sika Jehova sa i fumana
ngasemtonjeni wamanzi ehlane, ngase-
mtonjeni endhleleni e ya eShuri.
8 Sa ti, Hagari, ncekukazi ka Sarai, u
velapi na? U tanda ukuya ngapi na?
Wa ti, Ngi ya baleka ebusweni benkosi-
kazi yami, uSarai.
9 Sa ti kuye isitunywa sika Jehova,
Buyela kuyo inkosikazi yako, u zibeke
pansi kwezandhla zayo.
10 Sa ti kuye isitunywa sika Jehova,
Ngi ya kwandisa kakulu inzalo yako i
nga be i sa balwa ngobuningi.
11 Sa ti kuye isitunywa sika Jehova,
Bheka, u su kulelwe, u ya kuzala indo-
dana, u qambe igama layo uIshmaeli;
ngokuba uJehova u zwile ukuhlupeka
kwako.
12 Yena u ya kuba umuntu wa se-
ndhle, isandhla sake si ya kuba kubo
bonke; nesandhla sabo bonke si ya ku-
ba kuye; u ya kuhlala pambi kwabafo
wabo bonke.
13 Wa qamba igama lika Jehova owa
kuluma naye ukuti, Wena uTixo obona-
yo: ngokuba wa ti, Imbala ngi bhekile
ini o ngi bonayo na?
14 Ngaloko lowomtombo kwatiwa iBe-
relahairoi; bheka u pakati kweKadeshi
neBeredi.
15 uHagari wa m zalela uAbrama
indodana: uAbrama wa qamba igama
lendodana yake, uHagari a be i zele,
ukuti, uIshmaeli.
16 uAbrama wa e neminyaka e ma-
shumi a shiyagalombili nesitupa,
msukwana uHagari e zalela uAbra-
ma uIshmaeli.

## ISAHLUKO 17.

UABRAMA e se neminyaka e ma-
shumi a shiyagalolunye nashiya-
galolunye, uJehova wa bonakala ku
Abrama, wa ti kuye, Ngi nguTixo
umninimandhla; hamba pambi kwami,
u lunge.
2 Ngi ya kumisa isivumelwano sami
pakati kwami nawe, ngi ya kukwandisa
kakulu.
3 uAbrama wa wa ngobuso bake:
uTixo wa kuluma naye, e ti,
4 Bheka, isivumelwano sami si kuwe,
u ya kuba uyise wezizwe eziningi.
5 Igama lako a li sa yi kubizwa ngo-
kuti, uAbrama, kodwa igama lako li za
kuba uAbrahama; ngokuba ngi kwe-
nzile u be uyise wezizwe eziningi.
6 Ngi ya kwandisa kakulu inzalo ya-
ko, ngi kwenze u be izizwe, ku za ku-
vela kuwe amakosi.
7 Ngi ya kuqinisa isivumelwano sami
pakati kwami nawe, nenzalo yako nga-
semva kwako ezizukulwaneni zayo, si
be isivumelwano esi nga nqamukiyo, ngi
be uTixo wako nowenzalo yako ngase-
mva kwako.
8 Ngi ya kukunika wena, nenzalo yako
ngasemva kwako, izwe o hlezi kulo u
ngumfokazi, izwe lonke la seKenani, li
be izwe lenu ku ze ku be nini; ngi ya
kuba uTixo wabo.
9 Wa ti uTixo kuAbrahama, U ya ku-
gcina isivumelwano sami, wena, nenzalo
yako ngasemva kwako ezizukulwaneni
zayo.
10 Lesi si yisivumelwano sami, pakati
kwami nawe nenzalo yako emva kwako,
eni ya kusigcina; ba ya kusokwa bo-
nke abesilisa ba kini.
11 Ni ya kusoka inyama yejwabu le-
nu; ku be upau lwesivumelwano pakati
kwami nani.

ba fika emikaulweni yezwe la seKena-
ni.
36 Ihoma li ngokweshumi kwefa.

## ISAHLUKO 17.

UMHLANGANO wonke wabaka Isra-
eli wesuka ehlane la seSine, ba ha-
mba ngokusuka kwabo, ngokutyo kuka
Jehova, ba ngenisa eRefidime; kwa ku
nge ko amanzi okuba abantu ba puze.
2 Abantu ba m sola uMosi, ba ti, Si pe
amanzi, si puze, uMosi wa ti kubo, Ni
ngi solelani na? Ni m lingelani uJe-
hova?
3 Abantu bomela amanzi lapo; aba-
ntu ba m sola uMosi, ba ti, U si kupu-
leleni Egipite ukusibulala, tina naba-
ntwana betu, nezinkomo zetu ngoko-
ma?
4 uMosi wa kala ku Jehova, wa ti,
Ngi ya kubenze njani lababantu? se be
za kungikanda ngamatye.
5 uJehova wa ti kuMosi, Dhlula pambi
kwabantu, u hambe nezikulu zabantu;
induku owa tyaya umfula ngayo u i pate
ngesandhla, u hambe.
6 Bheka, ngi ya kuma pambi kwako
lapo pezu kwetye eHorebe; wo tyaya
itye; amanzi a ya kupuma kulo, abantu
ba puze. Wenza njalo uMosi emehlwe-
ni ezikulu zabaka Israeli.
7 Wa qamba igama la leyondawo iMa-
sa, neMeriba, ngokupikisana kwabaka
Israeli, na ngokumlinga kwabo uJeho-
va, ngokuti, uJehova u kona pakati
kwetu ini na?
8 Kwa fika uMaleki, wa lwa naba-
Israeli eRefidime.
9 uMosi wa ti kuJoshua, Si ketele aba-
ntu, u pume u lwe noAmaleki; ngomu-
so ngi ya kuma entabeni pezulu ngi pete
induku ka Tixo ngesandhla.
10 uJoshua wenza njengokutyo kuka
Mosi kuye, wa lwa noAmaleki; oMosi,
noAroni, noHure, benyukela entabeni
pezulu.
11 Kwa ti, nxa uMosi e sa si pakami-
sile isandhla sake abaIsraeli bahlula, nxa
e sehlisa isandhla sake uAmaleki wa-
hlula.
12 Kepa izandhla zika Mosi za ba nzi-
ma; ba tabata itye ba li beka pansi kwa-
ke, wa hlala pezu kwalo; uAroni noHu-
re ba sekela izandhla zake, omunye e nga-
lapa, omunye e ngalapa, izandhla zake
za sekelwa la za la tyona.
13 uJoshua wa cita uAmaleki nabantu
bake ngobukali benkemba.
14 uJehova wa ti kuMosi, Loba loku
ku be isikumbuzo encwadini, u ku beke
ezindlebeni zika Jeshua, ukuti, ngi ya
kuhlangula ukukunjulwa kuka Amale-
ki ku nga bi ko pansi kwezulu.
15 uMosi waka ilati, wa qamba igama
lalo uJehovanisi,
16 Wa ti, Isandhla si sesihlalweni sika
Jehova, uJehova u ya kulwa noAma-
leki izizukulwane ngezizukulwane.

## ISAHLUKO 18.

UJETRO, umpristi wa kwaMidiani,
umkwe ka Mosi, wezwa konke,
uTixo a be kwenzele uMosi noIsraeli,
abantu bake, ukuti, uJehova wa e kipile
abaIsraeli Egipite;
2 uJetro, umkwe ka Mosi, wa tabata
uZipora, umka Mosi, emva kokubuya
kwake,
3 Namadodana ake amabili, igama lo-
munye la li nguGershomi, ngokuba wa
ti, nga ngi isihambi ezweni lezizwe;
4 Igama lomunye la li nguElizeri,
ngokuba wa ti, uTixo ka baba wa ngi
siza, wa ngi sindisa kuyo inkemba ka
Faro.
5 uJetro, umkwe ka Mosi, wa fika
namadodana ake nomkake kuMosi ehla-
ne, lapo wa e ngenisile kona entabeni
ka Tixo.
6 Wa ti kuMosi, Mina mkwe wako,
uJetro, ngi ze kuwe nomkako namado-
dana ake amabili.
7 uMosi wa puma wa ya kumhlanga-
beza umkwe wake, wa kuleka kuye, wa
m anga; ba buzana ukuhlala kwabo;
ba ngena etenteni.
8 uMosi wa m landisa umkwe wake
konke a be kwenzile uJehova kuFaro
na kubo abasEgipite ngenxa yabaIsra-
eli, ukuhlupeka konke okwa behlela
endhleleni, nokuti uJehova wa e ba si-
ndisile.
9 uJetro wa tokoza ngako konke oku-
hle uJehova a be kwenzile kubaIsraeli,
ukuti, wa e ba sindisile esandhleni sabas-
Egipite.
10 uJetro wa ti, Ka bongwe uJehova
o ni sindisile esandhleni sabasEgipite,
na sesandhleni sika Faro, o ba sindi-
sile abantu pansi kwesandhla sabasEgi-
pite.
11 Kaloku ngi yazi ukuti uJehova
mkulu ku nabo bonke otixo, yebo,
ngaloko aba zikukumeza kubo ngako
wa bahlula.
12 uJetro, umkwe ka Mosi, wa m taba-

tela uTixo umnikelo wokutyiswa ne-
mihlatyelo; weza uAroni nezikulu zaba-
Israeli, ukuba ba dhle ukudhla nomkwe
ka Mosi pambi kuka Tixo.
13 Kwa ti ngangomso uMosi wa e
hlala ukuteta amacala abantu; abantu
bema kuMosi iloku kwa sa kwa za kwa
hlwa.
14 Umkwe ka Mosi wa bona konke
uMosi a kwenzela abantu, wa ti, Ku ini
loku o kwenzela abantu? U hlalelani
wedwa, abantu bonke bemi kuwe iloku
kwa sa ku ze ku hlwe?
15 uMosi wa ti kumkwe wake, Ngo-
kuba abantu beza kimi ukubuza ku-
Tixo.
16 Uma be nendaba beza kimi, ngi
teta amacala abo; ngi ya bazisa izimiso
zika Tixo, nemiteto yake.
17 Umkwe ka Mosi wa ti kuye, A ku
lungile loku o kwenzayo.
18 U ya kupela mandhla, wena na la-
babantu aba nawe; ngokuba loku ku-
nzima kuwe; a u namandhla okukwe-
nza u wedwa.
19 A ku lalele izwi lami, ngi ku lu-
leke, uTixo a be nawe; Mela abantu
pambi kuka Tixo, u lete amacala abo
ku Tixo;
20 U ba fundise izimiso nemiteto, u ba
tyengise indhlela e nga be hamba ngayo,
nomsebenzi e nga be wenza.
21 Keta kubantu bonke, amadoda
ahlakanipileyo, a m esabayo uTixo,
amadoda a qinisileyo, a zonda ukufuya
ngenkohliso; u wa beke pezu kwabo, a
be izinduna zenkulungwane, izinduna
zekulu, izinduna zamashumi mahlanu,
nezinduna zeshumi;
22 A bo teta amacala abantu ngezi-
kati zonke; ku ti, ba lete kuwe onke
amacala amakulu, kepa ba tete bona
onke amacala amancinyane; kona ku
ya kuba lula kuwe; a ba hlanganyele
umsebenzi nawe.
23 Uma wenza loku, noTixo e ku yala
kona, u ya kuba namandhla okuma, na
lababantu bonke ba ya kubuyela ema-
kaya abo be nokutula.
24 uMosi wa lalela izwi lomkwe wake,
wa kwenza konke a be ku tyilo.
25 uMosi wa keta pakati kwabo bonke
abaIsraeli amadoda a hlakanipileyo, wa
wa beka a be izikulu pezu kwabantu,
izinduna zenkulungwane, izinduna ze-
kulu, izinduna zamashumi amahlanu,
nezinduna zeshumi.
26 Ba teta amacala abantu ngezikati
zonke; amacala amakulu ba wa leta ku-
Mosi, kepa onke amacala amancinyane
ba wa teta bona.
27 uMosi wa m valelisa umkwe wake;
wesuka wa buyela ezweni lakubo.

## ISAHLUKO 19.

NGENYANGA yesitatu ngasemva ko-
kupuma kwabaka Israeli ezweni la
sEgipite, ngalolosuku ba fika ehlane la
seSinai.
2 Besuka eRefidime ba fika ehlane la
seSinai, ba ngenisa ehlane; lapo aba-
Israeli ba ngenisa pambi kwentaba.
3 uMosi wenyuka wa ya kuTixo; uJe-
hova wa memeza kuye entabeni, wa ti,
Yityo kuyo indhlu ka Jakobe; u ba tyele
abaka Israeli, u ti,
4 Na bona loko enga kwenzayo kuwo
abasEgipite, nokuti, nga ni twala nga-
mapiko okozi, nga ni leta kimi.
5 Bhekani, uma ni lalela izwi lami
impela, ni gcine isivumelwano sami, ko-
na ni ya kuba imfuyo yami ku nazo zo-
nke izizwe; ngokuba umhlaba wonke u
ngowami;
6 Ni ya kuba umbuso wami wabapri-
sti, nesizwe esingcwele. Lawa a nga-
mazwi o ya kuwatyo kwabaka Israeli.
7 uMosi weza, wa biza izikulu zaba-
ntu, wa beka pambi kwazo lawomazwi
onke, a m yalela wona uJehova.
8 Abantu bonke ba pendula kanyeka-
nye, ba ti, Konke a ku tyiloyo uJehova,
si ya kukwenza. uMosi wa buyisela ku-
Jehova amazwi abantu.
9 uJehova wa ti kuMosi, Bheka, ngi
za kuwe ngefu elinzima, ukuba abantu
bezwe, nxa ngi kuluma nawe, ba kwe-
tembe wena njalonjalo uMosi wa m la-
ndisa uJehova amazwi abantu.
10 uJehova wa ti kuMosi, Hamba
u ye kubantu, u ba hlambulule na-
mhla na ngomuso; a ba hlanze izingu-
bo zabo;
11 Ba be a se be lungile ngosuku lwesi-
tatu; ngokuba ngosuku lwesitatu uJe-
hova u ya kwehlela entabeni ya seSinai
emehlweni abantu bonke;
12 Wo ba misela abantu umkaulo inxa
zonke, u ti, Xwayani, ni ngenyukeli
entabeni, ni nga pati eceleni kwayo; lo-
wo o ya kupata intaba u ya kubulawa
impela;
13 Ka nga patwa ngesandhla, kodwa
a kandwe ngamatye, nokuba a tya-
we ngemicibityolo impela; a ku nga
pili, noma ku inkomo, noma ku umu-

ntu; nxa ku tyaywa itilongo lokumeme-
za, a benyukele entabeni.
14 uMosi wehla entabeni wa ya kuba-
ntu; wa ba hlambulula abantu; ba hla-
nza izingubo zabo.
15 Wa ti kubantu, Yibani se ni lungi-
le ngosuku lwesitatu; ni nga sondeli
kumfazi.
16 Kwa ti ngosuku lwesitatu, se ku
sile, kwa ba kona ukuduma, nonyazi,
nefu elinzima, pezu kwentaba; nokuka-
la kwetilongo okukulu kakulu; ba tu-
tumela bonke abantu aba sekamu.
17 uMosi wa puma nabantu ekamu
ukuya kuhlangana noTixo; ba ya bema
enzansi nentaba.
18 Intaba yonke ya seSinai ya tunqa
umusi; ngokuba uJehova wa ehlele pezu
kwayo ngomlilo; umusi wayo wenyuka
njengomusi weziko; intaba yonke ya
zamazama kakulu.
19 Ukukala kwetilongo kwanda kwe-
zwakala kakulu, uMosi wa kuluma, uJe-
hova wa m pendula ngezwi.
20 uJehova wehlela pezu kwentaba ya
seSinai, esihlokweni sentabeni pezulu;
uJehova wa biza uMosi ukuba eze esi-
hlokweni sentaba; uMosi wa kupuka.
21 uJehova wa ti kuMosi, Yehla, u ba
yalisise abantu, funa ba fohlele kuJeho-
va ukuba ba bheke; ba fe abaningi ku-
bo.
22 Abapristi, aba sondela ku Jehova,
a ba zihlambulele nabo, funa uJehova
a ba sukele.
23 uMosi wa ti kuJehova, Abantu ba
nge kupukele entabeni ya seSinai; ngo-
kuba u si yalisisile, wa ti, Misela intaba
umkaulo, u i hlambulule.
24 uJehova wa ti kuye, Hamba, wehle;
wo buya u kupuke, wena noAroni; ko-
dwa abapristi nabantu a ba nga fohli
ukukupukela ku Jehova, funa eqele
kubo.
25 uMosi wehla wa ya kubantu, wa
ba tyela.

## ISAHLUKO 20.

UTIXO wa kuluma onke lawamazwi,
wa ti,
2 Ngi nguJehova, uTixo wako, o ku
kipileyo ezweni la sEgipite, endhlini
yezigqili.
3 U nga bi nabanye otixo ngapandhle
kwami.
4 U nga zenzeli isitombe esibaziweyo,
namfanekiso woluto olu sezulwini pezu-
lu; nolu semhlabeni pansi, nolu sema-
nzini pansi komhlaba.
5 U nga kotameli pambi kwabo; u
nga ba konzi; ngokuba mina Jehova,
uTixo wako, ngi nguTixo o nomona;
ngehlisela izono za oyise kubantwana,
abesizukulwane sesitatu nabesesine sa-
bangizondayo;
6 Ngi benzela umusa aba izinkulu-
ngwane abangitandayo, abagcina imi-
yalo yami.
7 U nga li pati ngeze igama lika Je-
hova, uTixo wako; ngokuba uJehova
a ka yi kumtetelela o pata igama lake
ngeze.
8 Kumbula usuku lwesabata, u lu gci-
ne lu be ingcwele.
9 Wo sebenza izinsuku ezi isitupa, u
wenze wonke umsebenzi wako;
10 Kepa usuku lwesikombisa lu isa-
bata lika Jehova uTixo wako; u nga
sebenzi umsebenzi ngalo, wena, nendoda-
na yako, nendodakazi yako, nesisebenzi
sako sesilisa nesesifazana, nezinkabi
zako, nohambileyo kuwe o semzini wa-
ko;
11 Ngokuba ngezinsuku ezi isitupa u
Jehova wenza izulu, nomhlaba, nolwa-
dhle, nako konke oku kuko; wa pumula
ngosuku lwesikombisa; ngako uJehova
wa busisa usuku lwesikombisa, wa lwe-
nza lu be ingcwele.
12 Hlonipa uyihlo nonyoko ukuba izi-
nsuku zako zande ezweni a ku nika lona
uJehova, uTixo wako.
13 U nga bulali.
14 U nga pingi.
15 U ngebi.
16 U nga m fungeli amanga owakelene
nawe.
17 U nga nxaneli indhlu yowakelene
nawe, u nga nxaneli umfazi wowakelene
nawe, nesisebenzi sake sesilisa, nesesi-
fazana; nenkabi yake nembongolo yake,
na lunye uto lwake owakelene nawe.
18 Abantu bonke ba bona ukuduma,
nonyazi, nokukala kwetilongo, nentaba
etunqayo; abantu ba bona, ba tutumela
besuka bema kude.
19 Ba ti kuMosi Kuluma wena nati, si
zwe, kepa uTixo ma nga kulumi nati
funa si fe.
20 uMosi wa ti kubantu, Ni ngesabi;
ngokuba uTixo u ze ukuba a ni linge,
nokuba ukumesaba ku be pambi kwe-
nu, ukuze ni ngoni.
21 Abantu bema kude, uMosi wa so-
ndela ebumnyameni lapo wa e kona
uTixo.
22 uJehova wa ti kuMosi, Yityo kwa-

baka Israeli, u ti, Ni bonile ukuti, ngi kulumile nani, ngi sezulwini.

23 Ni ngenzi luto lu be ndawonye nami; ni nga zenzeli otixo besiliva notixo begolide.

24 Wo ngenzela ilati lomhlabati, u nikele pezu kwalo iminikelo yako yokutyiswa, neminikelo yako yokutula, izimvu zako, nezinkomo zako; ezindaweni zonke lapo ngi za kwenza li kunjulwe kona igama lami, ngi ya kuza kuwe, ngi kubusise.

25 Uma u ngenzela ilati ngamatye, u nga laki ngamatye abaziweyo; uma u li petela imbazo, u li ngcolisile.

26 U nga kweli elatini lami ngezikwelo, funa ku bonakale ubunqunu bako.

## ISAHLUKO 21.

ILE i imiteto o ya kuimisa pambi kwabo.

2 Nxa u tenga isigqili samaHeberu, si ya kusebenza iminyaka e isitupa; ngowesikombisa si ya kupuma si kululekile ngeze.

3 Uma si fika sodwa, si ya kupuma sodwa; uma si ganiwe, si ya kupuma nomkaso.

4 Uma umniniso e si nika umfazi, umfazi e si zalela abafana noma ku amantombazana, umfazi nabantwana bake ba ya kuba obomniniso, sona si ya kupuma sodwa.

5 Uma isigqili si qinisa si ti, Ngi ya tanda inkosi yami, nomkami, nabantwana bami; a ngi yi kupuma ngi kululekile;

6 Kona wo si leta ku Tixo; a si lete na nga semnyango, noma ensikeni yomnyango; umniniso a si bobose indhlebe ngosungulo, si m konze ku ze ku be pakade.

7 Uma umuntu e tengisa ngendodakazi yake i be isigqili, a i nga pumi njengezigqili zesilisa zi puma.

8 Uma imbi emehlweni omniniyo, o zimisele yona, wo i kulula; ka nga bi nakutengisa ngayo kwabezizwe, loku e i pete ngenkohliso.

9 Uma e i misela indodana yake, wo i patisa okwamadodakazi.

10 Uma e i tabatela omunye umfazi; ka nga nqabi nokudhla kwayo, na nezingubo zayo, nokuhlala kwayo.

11 Uma e nga yenzeli loku okutatu, i ya kupuma ngeze, i nga tengwa ngemali.

12 O tyaya umuntu a ze a fe wo bulawa impela.

13 Uma e nga m qameli, uTixo e m nikela esandhleni sake, ngi ya kukumisela indawo a ya kubalekela kuyo.

14 Nxa umuntu e m vukela owakelene naye, a m bulale ngobuqili, wo m tabata na selatini lami, a fe.

15 O tyaya uyise nonina wo bulawa impela.

16 Oweba umuntu, a tengise ngaye, noma e funyanwa esandhleni sake, wo bulawa impela.

17 O tuka uyise nonina u ya kubulawa impela.

18 Nxa abantu be xabene, omunye a tyaye omunye ngetye, noma ngofese, e nga fi, kepa e limele, a hlale embedeni;

19 Uma e lulama, a dondolozele ezweni ngenduku yake, konake owa m tyayayo u ya kutetelelwa, kodwa u ya kukoka isikati sake esapukileyo, a m elape a ze a pile.

20 Nxa umuntu e tyaya ngenduku isigqili sake sesilisa nesesifazana, si fe, si sesandhleni sake, wo lahlwa;

21 Kodwa uma si hlala usuku lu be lunye, noma zi be zimbili, ka nga lahlwa, ngokuba si imali yake.

22 Nxa abantu be xabene, ba limaze umfazi okulelweyo, si pume isisu sake, ku nga veli ingozi, wo hlauliswa impela njengokubiza o kwendoda yomfazi kuye, a koke njengokunquma kwabateta macala.

23 Uma ku vela ingozi, konake wo kwenana ukupila ngokupila;

24 Iso ngeso, izinyo ngezinyo, isandhla ngesandhla, unyawo ngonyawo,

25 Ukutyiswa ngokutyiswa, inxeba ngenxeba, umvimbo ngomvimbo.

26 Nxa umuntu e tyaya iso lesigqili sake sesilisa nesesifazana, a li bulale, wo si kulula ngenxa yeso laso.

27 Uma e tyaya izinyo lesigqili sake sesilisa, noma esesifazana, a li kipe; wo si kulula ngenxa yezinyo laso.

28 Nxa inkabi i hlaba umuntu wesilisa, noma owesifazana, a fe, i nkabi yo kandwa ngamatye, inyama yayo i nga dhliwa, kepa umniniyo inkabi ka nga bi nacala.

29 Kodwa uma inkabi ya i hlaba na kade, e kwazi umniniyo, e nga i gcini, uma i bulala umuntu wesilisa, noma wesifazana, inkabi a i kandwe ngamatye, a bulawe nomniniyo.

30 Uma e hlauliswa, ka koke loko konke a hlauliswa kona, a zihlenge, ukuba a nga bulawa.

31 Uma i hlaba umfana nentombazana a kwenziwe kuye njenga lomteto.

32 Uma inkabi i hlaba isigqili sesilisa, noma esesifazana, ka m nike umniniso amashekeli esiliva a be mashumi matatu, inkabi a i kandwe ngamatye.

33 Nxa umuntu e mbulula umgodi, nanxa emba umgodi, e nga u sibekeli, inkabi, noma imbongolo, i keleketela kuwo;

34 Umninimgodi ka koke, a m nike umniniyo imali, inkabi efileyo i be eyake.

35 Nxa inkabi yomuntu i hlaba inkabi yomunye, i fe, ka ba tengise ngenkabi epilileyo, ba hlukaniselane imali yayo, ba hlukaniselane nayo efileyo.

36 Kodwa uma kwaziwa ukuti inkabi ya i hlaba na kade, umniniyo e nga i gcini, ka koke inkabi ngenkabi, inkabi efileyo i be eyake.

## ISAHLUKO 22.

NXA umuntu eba inkabi, noma imvu, a i hlabe, noma a tengise ngayo, ka i koke inkabi ngezinkabi ezi isihlanu, imvu ngezimvu ezine.

2 Uma isela li banjwa li fohla, li tyaywe, li fe, igazi a li yi kubizwa ngalo.

3 Uma ilanga li pumile pezu kwalo, igazi li ya kubizwa ngalo; li ya kukoka nokukoka; uma li nga naluto, ko tengiswa ngalo ngenxa ya loko eli kwebileyo.

4 Uma ku funyanwa eli kwebileyo ku sesandhleni salo, ku sezwa, noma ku inkabi, noma ku imbongolo, noma ku imvu, ka i koke kabili.

5 Nxa umuntu e dhla insimu, noma isivine, a zi yeke izinkomo zake, zi dhle ensimini yomunye, ka ku koke ngobuhle bensimu yake na ngobuhle besivine sake.

6 Uma ku suka umlilo, u vute emeveni, ku ze kutye nezita zamabele, noma amabele a nga ka vunwa, noma insimu, yena owa u tungelayo umlilo ka ku koke.

7 Nxa umuntu e beka imali, noma impahla komunye, ukuba a i londoloze, yebiwa endhlini yake; uma isela li banjwa, a li ku koke kabili.

8 Uma isela li nga banjwa; umnini-ndhlu ka letwe kuTixo, ku bonwe ukuba ka si fakanga ini isandhla sake empahleni yomunye.

9 Ngamacala onke okona, elenkabi, nelembongolo, nelemvu, nelengubo, nelento elahlekileyo, a tyoyo ngayo omunye, e ti, Le i iyo, a ba fike bobabili necala pambi kuka Tixo; o ya kulahlwa uTixo, ka m kokele omunye kabili.

10 Nxa umuntu e beka komunye imbongolo, noma inkabi, noma imvu, noma ku esinye isilwane, ukuba a ku londoloze, uma i fa, noma i limala, noma i tunjwa, ku nga bonwa muntu;

11 Konake ko ba isifungo sika Jehova pakati kwabo bobabili, soku ti, ka si fakanga isandhla sake ezinkomeni zomunye; umniniyo ka si vume, a nga i koki.

12 Uma yebiwe kuye, ka m kokele umniniyo.

13 Uma i detyulwe, ka i lete i be ufakazi, ka nga koki okwa detyulwa.

14 Nxa umuntu e tyeleka uto komunye, lu limala, noma lu fa, umninilo e nge ko nalo, ka lu koke impela.

15 Uma umninilo e kona nalo ka nga lu koki; uma lwa tyelekwa ngemali, lweza ngemali yalo.

16 Nxa umuntu e yenga intombi, e nge siyo ingodusi a lale nayo, ka i lobole, i be umkake.

17 Uma uyise ala ukumnika yona, ka koke imali e lingene nokulotyolwa kwentombi.

18 U nga vumi ukuba isanusi si pile.

19 O lala nenkomo ka bulawe nokubulawa.

20 O hlabela omunye utixo ngapandhle kuka Jehova yedwa, ka bujiswe.

21 U nga katazi owezizwe, u nga m hlupi, ngokuba be ni ngabezizwe ezweni la sEgipite.

22 Ni nga hlupi umfelokazi nentandane.

23 Uma u ba hlupa, ba kale kimi, ngi ya kuzwa ukukala kwabo.

24 Ulaka lwami lu ya kuvuta, ngi ya kunibulala ngenkemba; omkenu ba ya kuba abafelokazi nabantwana benu ba be izintandane.

25 Uma u tyeleka imali kubantu bami abampofu aba hlezi nawe, u nga ba patisi okwaba tyeleka ngemali, ni nga bizi inzuzo kubo.

26 Uma u tabata ingubo yomuntu, i be isibambiso, wo i buyisela kuye, li nga ka tyoni ilanga.

27 Ngokuba le i ukupela kwengubo yake, i isambato somzimba wake; u ya kulala ngani na? ku za kuti, nxa e kala kimi, ngi ya kumuzwa, ngokuba ngi nomusa.

28 U nga tuki uTixo, u nga m eisi umbusi wabantu ba kini.

29 U nga libali neminikelo yamabele newaini; wo ngi nika izibulo emadodaneni ako.

30 Ma wenze njalo na ngezinkomo zako, na ngezimvu zako; li ya kuhlala kunina izinsuku ezi isikombisa; ngolweshiyagalolunye wo ngi nika lona.

31 Ni ya kuba abantu bami abangcwele; ni nga dhli inyama e dhliwe izilo endhle; a no i ponsa ezinjeni.

## ISAHLUKO 23.

UNGA qubi indaba yamanga; u nga hlangani nababi ukuba ufakazi wamanga.

2 U nga landeli isixuku ngokwenza okubi; u su nquma ecaleni, u nga pambuki nesixuku ngokupambukisa icala.

3 U nga m bheki ompofu ku nabanye ecaleni lake.

4 Nxa u fumana inkabi yesita sako, noma imbongolo yake, yeduka, wo i buyisela kuye.

5 Uma u bona imbongolo yokuzondayo i lele pansi komtwalo wayo, qapela u nga m shiyi, wo i kumula naye.

6 U nga pambukisi icala lompofu wa kini ekutetweni kwalo.

7 Deda kude endabeni yamanga; u nga bulali o nge nacala nolungileyo; ngokuba a ngi yi kumtetelela owonileyo.

8 U nga wamkeli umvuzo, ngokuba umvuzo u puputekisa amehlo, u pambukise amazwi abalungileyo.

9 U nga hlupi owezizwe; ni yazi inhliziyo yowezizwe, loku be ni ngabezizwe ezweni la sEgipite.

10 Wo lima izwe lako iminyaka e isitupa; u vune izitelo zalo.

11 U li yeke ngomnyaka wesikombisa, li hlale; ukuba abampofu kwabakini ba dhle; okuseleyo kubo a ku dhliwe izilwane za sendhle: Yenze njalo ngesivini sako, na ngesihlwati sako.

12 Wo sebenza umsebenzi wako izinsuku ezi isitupa, u pumule ngolwesikombisa, ukuba ku hlale inkabi yako, nembongolo yako, ku pefumle indodana yesigqili sako sesifazana nowezizwe.

13 Qapelani konke loku engi ku tyiloyo kini, ni nga kulumi igama labanye oTixo, a li nga pumi emlonyeni wako.

14 Wo ngenzela imihlangano emitatu ngomyaka.

15 Wo gcina umhlangano wesinkwa esi nga vutyelwe; u ya kudhla isinkwa esi nga vutyelwe izinsuku ezi isikombisa njengokutyo kwami kuwe, ngesikati esimisiweyo senyanga uAbibi; ngokuba wa puma ngayo Egipite; a ku nga bonakali namunye pambi kwami e nga pete luto;

16 Nomhlangano wokuvuna, wolibo lwemisebenzi yako, o ku hlwanyelayo ensimini; nomhlangano wokubuta ekupeleni komnyaka, lapo u buta imisebenzi yako ensimini.

17 Abesilisa bako bonke a ba bonakale pambi kweNkosi uJehova katatu ngomnyaka.

18 U nga nikeli igazi lomhlatyelo wami kanye nesinkwa esivutyelweyo; namafuta omhlangano wami ma nga sali ku ze ku se.

19 Okokuqala kolibo lwezwe lako, wo ku leta endhlini ka Jehova, uTixo wako. U nga peki izinyane lembuzi obisini luka nina.

20 Bheka, ngi ya tuma ingelosi pambi kwako, ukuba i ku gcine endhleleni, i ku yise endaweni engi i lungisileyo.

21 I bheke, u lalele izwi layo, u nga i cunuli; ngokuba a i yi kutetelela ukona kwenu, ngokuba igama lami li kuyo.

22 Uma u lalela izwi layo impela, u kwenze konke, engi ku tyoyo, kona ngi ya kuba isita kwaba izita zako, ngi ba hlupe aba ku hlupayo.

23 Ngokuba ingelosi yami i ya kuhamba pambi kwako, i ku yise kuwo amaAmori, namaHiti, namaPerizi, namaKenani, namaHivi, namaJebusi; ngi ya kubabubisa.

24 U nga ba kotameli otixo babo, u nga ba konzi, u ngenzi ngemisebenzi yabo; kepa wo ba cita impela, u bidlize izitombe zabo.

25 A no konza uJehova uTixo wenu; kona u ya kubusisa ukudhla kwako namanzi ako; ngi ya kususa isifo pakati kwenu.

26 A ku yi kubako opunzayo no inyumba ezweni la kini; ngi ya kwenza zi pelele izinsuku zako.

27 Ngi ya kutuma ukusabeka kwami pambi kwako, ngi ba tyayise uvalo abantu bonke o za kufika kubo; ngi ya kwenza zonke izita zako zi ku fulatele.

28 Ngi ya kutuma iminyovu pambi kwako; i ya kuxotya amaHivi, namaKenani, namaHiti pambi kwako.

29 A ngi yi kubaxotya pambi kwako ngomnyaka o wodwa, funa izwe li be ihlane, izilo za sendhle zi kwandele.

30 Ngi ya kubaxotya pambi kwako kancinyane kancinyane, u ze wande, u dhle izwe.

31 Ngi ya kukumisela imikaulo yezwe ku suke elwandhle olubomvu ku ze ku fike elwandhle lwamaFilisti, ku suke ehlane ku ze ku fike emfuleni; ngokuba ngi ya kunikela esandhleni sako abantu ba lelo zwe; u ya kubaxotya pambi kwako.

32 U ngenzi isivumelwano nabo na notixo babo.

33 A ba nga hlali ezweni la kini, funa ba konise kimi; ngokuba uma u konza otixo babo ku ya kuba umgibi kuwe.

ISAHLUKO 24.

WA ti kuMosi, Yenyukela kuJehova, wena, noAroni, noNadabi, noAbihu, namalunga a ngamashumi a isikombisa a kwaIsraeli.

2 uMosi yedwa ka sondele kuJehova; a ba nga sondeli bona, nabantu a ba ngenyuki naye.

3 uMosi weza wa ba tyela abantu amazwi onke ka Jehova, nemiteto yonke; abantu bonke ba pendula ngezwi linye, ba ti, Amazwi onke, a wa tyiloyo uJehova si ya kuwenza.

4 uMosi wa loba amazwi onke ka Jehova, wa vuka kusasa, wa laka ilati pansi kwentaba, nezinsika ezi ishumi nambili, njengezizwe ezi ishumi nambili zabaIsraeli.

5 Wa tuma izinsizwa zabaka Israeli; za nikela iminikelo yokutyiswa; za m hlabela uJehova imihlatyelo yokutula yezinkabi.

6 uMosi wa tabata inxenye yegazi wa i beka ezityeni; nenxenye yegazi wa i fafaza elatini.

7 Wa tabata incwadi yesivumelwano, wa funda ezindlebeni zabantu; ba ti, Konke a ku tyiloyo uJehova, si ya kukwenza, si lalele.

8 uMosi wa tabata igazi, wa li fafaza ebantwini, wa ti, Nanti igazi lesivumelwano uJehova a senzileyo nani ngawo onke lawamazwi.

9 Kona kwenyuka uMosi, noAroni, noNadabi, noAbihu, namalunga a ngamashumi a isikombisa abaIsraeli.

10 Ba m bona uTixo ka Israeli; pansi kwezinyawo zake kwa ku kona ku nga ti imisebenzi yesafeiro elikazimulayo; ku nga ti izulu uqobo lwalo ngokucweba.

11 Ka bekanga isandhla sake ezikulwini zabaka Israeli; ba bona uTixo, ba dhla ba puza.

12 uJehova wa ti kuMosi, Yenyukela kimi entabeni, u be kona; ngi ya kukunika izibhebhe zamatye, nomteto, nemiyalo, engi i lobileyo, ukuba ba fundiswe.

13 uMosi wesuka, nenceku yake, uJoshua; uMosi wenyukela entabeni ka Tixo.

14 Wa ti emalungeni, Si lindeni lapa si ze si buyele kini; nampa oAroni noHure kini; uma umuntu e nendaba, a keze kubo.

15 uMosi wenyukela entabeni; ifu lembesa intaba.

16 Ubukosi buka Jehova ba hlala entabeni ya seSinai, ifu la yembesa izinsuku ezi isitupa; ngolwesikombisa e sefwini wa biza uMosi.

17 Ukubonakala kobukosi buka Jehova kwa ku njengomlilo ovutayo esiqongweni sentaba emehlweni abaka Israeli.

18 uMosi wa ngena efwini wenyukela entabeni; uMosi wa e sentabeni izinsuku ezi mashumi amane nobusuku obu mashumi amane.

ISAHLUKO 25.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,

2 Yityo kwabaka Israeli ukuba ba ngi letele umnikelo; a no tabata umnikelo wami kubo bonke abantu aba u nikayo ngenhliziyo.

3 Ilo umnikelo eni ya kutabata kubo; igolide, nesiliva, netusi,

4 Nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nendwangu enhle, noboya bezimbuzi,

5 Nezikumba ezibomvu zezinqama, nezikumba zamatahashi, nemiti yomshita.

6 Namafuta ekandelabra, namaka amafuta okugcoba, nawempepo eqoliweyo,

7 Namatye amashohamu, namatye okwalukwa, awefodi naweboshene.

8 A ba ngenzele indhlu engcwele ukuba ngi hlale pakati kwabo.

9 Njengako konke engi ku bonisa kona, njengomfanekiso wetabanekele, nomfanekiso wempahla yalo, a no yenza njalo.

10 A benze ikesi ngomuti womshita; ubude balo bu be amakubiti amabili nenxenye, ububanzi balo bu be ikubiti nenxenye, nokupakama kwawo ku be ikubiti nenxenye.

11 U nameke ngegolide elihle; u na-

meke ngapakati nangapandhle, u wenzele udini ngegolide inxa zonke.

12 U pekele amasongo amane egolide, u wa beke ezinyaweni ezine zawo, amasongo amabili a be kolunye uhlangoti, amabili kolunye.

13 U zenze izinti ngomuti womshita, u zi nameke ngegolide.

14 Wo faka izinti emasongweni a sezinhlangotini zekesi, ukuba ikesi li twalwe ngazo.

15 Izinti a zi hlale emasongweni ekesi; zi nga suswa kulo.

16 U beke ekesini umteto engi ya kukunika wona.

17 Wenze isisibekelo ngegolide elihle; ubude baso bu be amakubiti amabili nenxenye, ububanzi baso bu be ikubiti nenxenye.

18 Wenze amakerubi amabili ngegolide, u wenze ngomsebenzi olunjiweyo, ekugcineni kwesisibekelo inxa zombili;

19 Wenze ikerubi elinye ekugcineni ngalapa, nelinye ikerubi ekugcineni ngalapa; nenze amakerubi ekugcineni inxa zombili, a be kunye nesisibekelo.

20 Amakerubi ma elule amapiko ngapezulu, a mboze isisibekelo ngamapiko awo, a bhekane ngobuso; ubuso bamakerubi a bu bheke isisibekelo.

21 U beke isisibekelo pezu kompongolo; u beke empongolweni umteto engi ya kunika kona.

22 Ngi ya kuhlangana nawe lapo, ngi kulume nawe, ngi pezu kwesisibekelo, emkatini wamakerubi amabili a pezu kompongolo womteto, ngako konke engi ya kukuyalela kona, ukuba u ba tyele abaka Israeli.

23 U lenze netebula ngomuti womshita; ubude balo bu be amakubiti amabili, ububanzi balo bu be ikubiti, ukupakama kwalo ku be ikubiti nenxenye.

24 U li nameke ngegolide elihle, u lenze udini ngegolide inxa zonke.

25 U lenzele usiko, olu lingana nesandhla ngobubanzi inxa zonke, u lwenzele usiko udini ngegolide inxa zonke.

26 U lenzele amasongo amane ngegolide, u wa bake amasongo ezinqutyini zone ezi sezinyaweni zone zalo.

27 Amasongo ka be nga sodinini, a be izindawo zezinti zokutwala itebula.

28 U zenze izinti ngomuti womshita, u zi nameke ngegolide, ukuba itebula li twalwe ngazo.

29 Wenze amapuleti alo, namakapu alo, namafelasko alo, namabolwe alo, oku tela; u wenze ngegolide elihle.

30 Wo beka etebuleni isinkwa sokubhekwa pambi kwami njalonjalo.

31 Wenze ikandelabra ngegolide elihle; a kwenziwe ngomsebenzi o lunjiweyo ikandelabra, nesinqe salo, noti lwalo; amagebia alo, namakaftori alo, nezimbali zalo, konke a ku be kunye nalo.

32 Izimbaxa ezi isitupa a zi pume otini; izimbaxa ezintatu zekandelabra a zi pume kolunye uhlangoti lwalo, nezimbaxa ezintatu zekandelabra a zi pume kolunye uhlangoti lwalo:

33 Amagebia amatatu a faniswa nezimbali zamaalmondi kwenye imbaxa, ikaftori nembali; namagebia amatatu a faniswa nezimbali zamaalmondi kwenye imbaxa, ikaftori nembali; a ku be njalo kuzo zositupa izimbaxa ezi puma kulo ikandelabra.

34 A ku be kulo ikandelabra amgebia amane a faniswa nezimbali zamaalmondi, amakaftori alo nezimbali zalo.

35 A ku be ikaftori pansi kwezimbaxa ezimbili, zi be kunye nalo; nekaftori pansi kwezimbaxa ezimbili, zi be kunye nalo; nekaftori pansi kwezimbaxa ezimbili, zi be kunye nalo, kuzo zositupa izimbaxa ezi puma kulo ikandelabra.

36 A ku be kunye nalo amakaftori alo nezimbaxa zalo; ku be kunye konke okwalo, okomsebenzi olunjiweyo wegolide elihle.

37 Wenze amakandela a isikombisa alo; amakandela alo ka bekwe, ukuba a kanyise pambi kwalo.

38 Izizenze zalo nezitya zezinsizi a zenziwe ngegolide elihle.

39 A lenziwe ngetalenta legolide elihle kanye nazo zonke lezizinto.

40 Bheka, u zenze ngomfanekiso wazo owa boniswa wona entabeni.

## ISAHLUKO 26.

WO lenza itabanekele ngezilenge ezi ishumi; u zenze ngosheshe olupotiweyo, na ngokuluhlaza, na ngokububende, na ngokubomvu; zi be namakerube, umsebenzi wenyanga yokwaluka.

2 Ubude bezilenge bu be amakubiti a ngamashumi amabili nashiyagalombili, ububanzi bazo bu be amakubiti amane: a zi lingane zonke izilenge.

3 Izilenge ezi isihlanu a zi hlanganiswe, nezinye izilenge ezi isihlanu a zi hlanganiswe.

4 Wenze izihibe ngokuluhlaza ecaleni

lesilenge esinye, empetweni nga sekuhlanganeni; wenze njalo ecaleni lesilenge sokugcina, ekuhlanganeni kwesibili.

5 Wenze izihibe ezi mashumi amahlanu kwesinye isilenge, wenze nezihibe ezi mashumi mahlanu ecaleni lesilenge, esi sekuhlanganeni kwesibili, ukuba izihibe zi bhekane.

6 Wenze amakelaspi amashumi amahlanu egolide, u hlanganise izilenge ngamakelaspi, ku be itabanekele linye.

7 Wenze izilenge ngoboya bezimbuzi, zi be itente lokwembesa itabanekele; u zenze izilenge ezi ishumi nanye.

8 Ubude bezilenge bu be amakubiti a ngamashumi amatatu, ububanzi bazo bu be amakubiti; amane; izilenge ezi ishumi nanye a zi lingane.

9 Wo hlanganisa izilenge ezi isihlanu zodwa, nezilenge ezi isitupa zodwa; isilenge sesitupa u si pinde pambi kwetabanekele.

10 Wenze izihibe ezi mashumi amahlanu ecaleni lesilenge esinye esokugcina ekuhlanganeni; nezihibe ezimashumi amahlanu ecaleni lesilenge sokuhlangana kwesibili.

11 Wenze amakelaspi amashumi amahlanu etusi, u fake amakelaspi ezihibeni, u hlanganise itente, ku be kunye.

12 Insalo eseleyo yesilenge, inxenye yesilenge esiseleyo a si lenge emva kwetabanekele.

13 Ikubiti ngalapa; nekubiti ngalapa ku loko okudlulileyo ebudeni bezilenge zetente, a li lenge ecaleni kwetabanekele inxa zombile, ukuba lembeswe.

14 Wenze isifulelo setente ngezikumba ezibomvu zezinqama, nesifulelo ngapezulu ngezikumba zamatahashi.

15 Wenze amapulankwe etabanekele amiyo ngomuti womshita.

16 Ubude bamapulankwe bu be amakubiti a ishumi, ububanzi bawo ikubiti nenxenye.

17 A ku ti ilelopulankwe li be namasumpa amabili a lungelane; yenze njalo kuwo onke amapulankwe etabanekele.

18 Wenze amapulankwe etabanekele, amapulankwe amashumi amabili ohlangotini olu nga seningizimu, olu bheka nga seningizimu.

19 Wenze izisekelo ezi mashumi amane esiliva pansi kwamapulankwe amashumi amabili; izisekelo ezibili pansi kwepulankwe, ezamasumpa amabili alo, nezisekelo ezibili pansi kwepulankwe ezamasumpa amabili alo.

20 Na kolunye uhlangoti lwetabanekele olu nga senyakato wenze amapulankwe a ngamashumi amabili;

21 Nezisekelo zawo zesiliva ezi mashumi amane; izisekelo ezibili pansi kwepulankwe, izisekelo ezibili pansi kwepulankwe.

22 Na sohlangotini lwetabanekele olu ngasemva, ngasentyonalanga, wenze amapulankwe a isitupa.

23 Wenze namapulankwe amabili ezingosi zetabanekele ezi ngasemva;

24 A hlanganiswe pansi, ku pelele ku ze ku fike pezulu, esongweni lokuqala; a ku be njalo kuwo omabili, a ku be izingosi zombili.

25 Ku ya kuba amapulankwe a shiyagalombili, nezisekelo zawo zesiliva, izisekelo ezi ishumi nesitupa; izisekelo ezibili pansi kwepulankwe, nezisekelo ezibili pansi kwepulankwe.

26 Wo zenza izinti ngomuti womshita; zi be isihlanu zamapulankwe kolunye uhlangoti lwetabanekele.

27 Nezinti ezi isihlanu zamapulankwe kolunye uhlangoti lwetabanekele nezinti ezi isihlanu zamapulankwe a sohlangotini olu nga semva, ngasentyonlanga.

28 Uti olu pakati kwamapulankwe a lu finyelele inxa zombili.

29 U nameke amapulankwe ngegolide, u wenze amasongo awo ngegolide, a be izindawo zezinti; u nameke izinti ngegolide.

30 U mise itabanekele njengomfanekiso walo, owa boniswa wona entabeni.

31 Wo lenza iveli ngokuluhlaza, nokububende nokubomvu, na ngosheshe olupotiweyo; a lenziwe li be namakerubi, umsebenzi wenyanga yokwaluka.

32 U li lengise ezinsikeni ezine zomuti womshita ezi namekiweyo ngegolide; izingwegwe zazo a zi be igolide a zi me ezisekelweni ezine zesiliva.

33 U li panyeke iveli pansi kwezihibe, u ngenise kona pakati kweveli umpongolo wemiteto; iveli li ya kunahlukanisela indawo engcwele nendawo engcwelengcwele.

34 U beke isisibekelo pezu kompongolo wemiteto endaweni engcwelengcwele.

35 U beke itebula ngapandhle kweveli, ikandelabra li bhekane netebula ohlangotini lwetabanekele olu nga seningizimu, u beke itebula ohlangotini olu nga senyakato.

36 Wenze iveli lokuhonqa emnyango wetabanekele ngokuluhlaza, nokubube-

nde, nokubomvu, nosheshe olupotiweyo, umsebenzi womfeketi.

37 U lenzele iveli izinsika ezi isihlanu ngomshita, u zi nameke ngegolide; izingwegwe zazo a zi be ezegolide; u zi pekele izisekelo ezi isihlanu zetusi.

## ISAHLUKO 27.

WO lenza ilati ngomuti womshita, ubude balo bu be amakubiti a isihlanu, ububanzi balo bu be amakubiti amahlanu; izinhlangoti zone zelati a zi lingane; ukupakama kwalo ku be amakubiti amatatu.

2 Wenze izimpondo zalo ezinqutyini zone zalo; izimpondo zalo a zi be kunye nalo; u li nameke ngetusi.

3 Wenze amabodwe alo okususa umlota alo, namafosholo alo, namabesini alo, nezimfoloko zalo, namapeni alo omlilo; wenze zonke izitya zalo ngetusi.

4 U lenzele ikerate ngetusi elalukiweyo; wenze amasongo amane etusi ekerateni, ngasezinqutyini zone zalo.

5 U li beke ngapansi, pansi koqimba lwelati, ikerate li fike ngapakati kwelati.

6 Wenze izinti zelati, izinti zomuti womshita, u zi nameke ngetusi.

7 Izinti zalo a zi fakwe emasongweni, izinti zi be ezimhlangotini zombili zelati, li twalwe ngazo.

8 U lenze ngamapulankwe li be umholo; u lenze njengaloko owa boniswa kona entabeni.

9 Wenze isihonqa setabanekele; ngaseningizimu, ohlangotini olu nga seningizimu, a ku be kona izilenge zesihonqa zosheshe olupotiweyo, ubude balo bu be amakubiti a ikulu ohlangotini lunye;

10 Izinsika zalo ezimashumi amabili, nezisekelo zazo a zi be itusi; izingwegwe zezinsika nemityayo yazo a ku be isiliva.

11 Na sohlangotini olu nga senyakato, ebudeni a ku be kona izilenge, ubude bazo bu be amakubiti a ikulu, nezinsika zalo ezi mashumi amabili, nezisekelo zazo ezi mashumi amabili zetusi; izingwegwe zezinsika nemityayo yazo aku be isiliva.

12 Ububanzi besihonqa ohlangotini olu nga sentyonalanga aku be kona izilenge, ububanzi bazo bu be amakubiti a ngamashumi amahlanu; izinsika zazo zi be ishumi, nezisekelo zazo zi be ishumi.

13 Ububanzi besihonqa ngasempumalanga, ohlangotini olu nga sempumalanga, bu be amakubiti a ngamashumi amahlanu.

14 Izilenge kwelinye icala lesango a zi be amakubiti a ishumi nesihlanu, izinsika zazo zi be ntatu, nezisekelo zazo zi be ntatu.

15 Na kwelinye icala lesango izilenge a zi be amakubiti a ishumi nesihlanu; izinsika zazo zi be ntatu, nezisekelo zazo zi be ntatu.

16 Iveli la sesangweni lesihonqa li be amakubiti a ngamashumi amabili, elokuluhlaza nokububende nokubomvu nosheshe olupotiweyo, umsebenzi ofeketisiweyo izinsika zalo zi be zine, nezisekelo zazo zi be zine.

17 Izinsika zonke zesihonqa inxa zonke a zi hlanganiswe ngemityayo yesiliva; izigwegwe zazo a zi be isiliva, nezisekelo zazo zi be itusi.

18 Ubude besihonqa a bu be amakubiti a ikulu, nobubanzi baso bu be amakubiti a ngamashumi amahlanu indawo zonke, nokupakama kwaso ku be amakubiti a isihlanu, senziwe ngosheshe olupotiweyo, izisekelo zezinsika zi be itusi.

19 Izitya zonke zetabanekele enkonzweni yonke yalo, nezikonkwane zonke zalo, nezikonkwane zesihonqa a zi be itusi.

20 Ba yale abakaIsraeli, ukuba ba lete kuwe amafuta amahle emihlwati agxotyiweyo, a be awekandelabra, ukuba amakandela a vute njalonjalo.

21 Kulo itabanekele lokuhlangana ngapandhle kweveli eli ngapambi kwemiteto, a li lungiswe uAroni nabantwana bake iloku kwa hlwa ku ze ku se, pambi kuka Jehova; ku ya kuba isimiso ku ze ku be pakade ezizukulwaneni zabo kwabaka Israeli.

## ISAHLUKO 28.

SONDEZA kuwe uAroni, umfo wenu, nawo amadodana ake, u ba hlukanise na baka Israeli, ukuba a be umpristi wami, ukuti, uAroni, noNadabi, noAbihu, noEleazari, noItamari, amadodana ka Aroni.

2 U menzele uAroni, umfo wenu, izivato ezingcwele, ku be ezobukosi nezokuhloba.

3 U tyo kubo bonke abahlakanipile ngenhliziyo, engi ba gcwalisile ngomoya wokuhlakanipa, ukuba ba zenze izi-

vato zika Aroni, ahlukaniswe, a be
umpristi wami.
4 Ilezi izivato aba ya kuzenza; iko-
shene, iefodi, nemeili, netuniki elifeke-
tisiweyo, nesiqoko, nebande; ba m enze-
le uAroni, umfo wenu, namadodana ake
izivato ezingcwele, ukuba a be umpristi
wami.
5 A ba tabate igolide, nokuluhlaza, no-
kububende, nokubomvu, nokampokwe
omuhle.
6 Ba lenze iefodi ngegolide na ngoku-
luhlaza, nokububende, nokubomvu, no-
kampokwe omuhle epotiweyo, umsebe-
nzi wenyanga yokwaluka.
7 Li be neziziba ezibili za semahlombe
zi hlangane emacaleni omabili; a li hla-
nganiswe.
8 Ibande elifeketisiweyo eli kulo a li
be kunye nalo, njengomsebenzi walo,
ukuti, elegolide nokuluhlaza, nokubube-
nde, nokubomvu, nelokampokwe omu-
hle.
9 Tabata amatye amabili amashoha-
mu, u qope kuwo amagama abantwana
baka Israeli:
10 Amagama a isitupa abo kwelinye
itye, namagama abanye aba isitupa kwe-
linye itye njengokuzalwa kwabo.
11 Njengomsebenzi woqopayo ematye-
ni, njengokuqotywa kwendandato, u wa
qope ematyeni omabili amagama aba-
ntwana baka Israeli; u wa fake eziseke-
lweni zegolide.
12 U beke amatye omabili ezizibeni
zamahlombe zeefodi, a be amatye oku-
kumbuza kwabaka Israeli; uAroni a pa-
te amagama abo emahlombe ake oma-
bili pambi kuka Jehova, ku be inku-
mbuzo.
13 Wenze izisekelo ngegolide,
14 Namaketanga amabili ngegolide eli-
hle; u wenze a be njengezintambo,
umsebenzi owalukiweyo, u fake amake-
tanga alukiweyo ezisekelweni.
15 Wenze ikoshene lokwahlula, a le-
nziwe inyanga yokwaluka, u lenze nje-
ngomsebenzi weefodi; u lenze ngegolide,
na ngokuluhlaza, nokububende, noku-
bomvu, na ngokampokwe omuhle opoti-
weyo.
16 A li be nezinhlangoti ezine ezi li-
nganayo, li pindwe kabili; ubude balo
bu be ucikicane, nobubanzi balo bu be
ucikicane.
17 U li fake ezisekelweni zamatye, ku
be izinhla ezine zamatye; uhla lokuqala
lu be iodemi, nepitida, nebareketi;
18 Uhla lwesibili lu be inofeki, nesa-
feiro, neyahalomi;
19 Uhla lwesitatu lu be ileshemi, ne-
shevu, neaklama;
20 Uhla lwesine lu be itarshishi, isho-
hamu, neyashipe; a qiniswe ngegolide
ezisekelweni.
21 Amatye ka be namagama abantwa-
na baka Israeli, a ishumi nambili e na-
magama abo; njengokuqotywa kwenda-
ndato, ku be ilelo li be negama, kuzo izi-
zwe ezi ishumi nambili.
22 Wenze kulo ikoshene amaketanga,
a be njengezintambo, umsebenzi wegoli-
de elihle alukiweyo,
23 Wenze amasongo amabili egolide
kulo ikoshene, u wa fake amasongo
emacaleni ekoshene inxa zombili.
24 U fake amaketanga amabili egolide
alukiweyo emasongweni amabili a sema-
caleni ekoshene.
25 Eminye imilomo emibili amaketa-
nga omabili alukiweyo u i fake eziseke-
lweni zozibili, u ku beke ezizibeni zama-
hlombe zeefodi, ngapambili.
26 Wenze amasongo amabili ngegoli-
de, u wa fake emacaleni ekoshene inxa
zombili, ecaleni lalo eli bheka iefodi
ngapakati.
27 Wenze namanye amasongo amabili
ngegolide, u wa fake ezizibeni zozibili
zamahlombe zeefodi, pansi ngapambili,
eduze nokuhlangana kwalo, pezu kwe-
bande elifeketisiweyo leefodi.
28 Ikoshene a li botywe ngamasongo
alo emasongweni eefodi ngentambo elu-
hlaza, ukuba li be pezu kwebande elife-
ketisiweyo leefodi, ikoshene li nga suki
kulo iefodi.
29 uAroni a pate amagama abantwana
baka Israeli ngekoshene lokwahlula pe-
zu kwenhliziyo yake, e sa ngena enda-
weni engcwele, ku be inkumbuzo pambi
kuka Jehova njalonjalo.
30 U fake ekosheneni iUrimi neTumi-
mi; ba be pezu kwenhliziyo ka Aroni, e
sa ngena pambi kuka Jehova; uAroni a
pate ukwahlulwa kwabaka Israeli pezu
kwenhliziyo yake pambi kuka Jehova
njalonjalo.
31 Wenze imeili leefodi ngokuluhlaza
kodwa.
32 Umlomo walo wekanda u be pakati
kwalo; umlomo walo u be nompeto inxa
zonke, umsebenzi woalukayo, njengo-
mlomo wetakera, ukuba ku nga dabuki.
33 Wenze emipetweni yalo amarimo-
ni ngokuluhlaza na ngokububende na

ngokubomvu, emipetweni yalo inxa zonke ; nezinsimbi zegolide pakati kwawo inxa zonke ;

34 Ku be insimbi yegolide nerimoni, insimbi yegolide nerimoni njalo, empetweni wengubo yemeili inxa zonke.

35 uAroni a li fake e sa konza ; ukucenceza kwalo ku ya kuzwakala lapo e ngena endaweni engcwele pambi kuka Jehova, na lapo e puma, ukuba a nga fi.

36 Wenze umqele wegolide elihle, u qope kuwo njengokuqotywa kwendandato, ukuti, UBUNGCWELE KU JEHOVA.

37 U u fake ngentambo yoku luhlaza, u be esigqokweni, u be ngapambili esigqokweni.

38 U be sebusweni buka Aroni ; uAroni a twale ukona kwezinto ezingcwele, abaka Israeli aba ya kuzahlukanisa zi be ngcwele kuyo yonke iminikelo yabo engcwele ; a u be ebusweni bake njalonjalo, ukuba bamkelwe uJehova.

39 Waluke ituniki ngosheshe, wenze nesigqoko ngosheshe, wenze ibande, u li feketise.

40 Wenzele namadodana ka Aroni amatuniki, u wenzele namabande, u wenzele nezigqoko, ku be ezobukosi nezokuhloba.

41 Wambatise ngazo uAroni, umfo wenu, namadodana ake, u ba gcobe, u ba beke, u ba ngcwelise, ba be abapristi bami.

42 U benzele namabulukwe elineni, ukuba kwembeswe inyama yobunqunu babo, ku qale okalweni ku fike ematangeni.

43 uAroni namadodana ake a ba wambate, lapo be ngena etenteni lokuhlangana, noma be sondela elatini ukukonza endaweni engcwele, ba nga twali ukona, ba fe ; a ku be umteto kuye na kuwo amadodana ake emva kwake, ku ze ku be pakade.

## ISAHLUKO 29.

ILOKU o ya kukwenza kubo ukubahlukanisa ba be abapristi bami, ukuti, Tabata itole, nezinqama ezimbili ezi nge nacala,

2 Nesinkwa esi nga vutyelwe, nezinkwana ezi nga vutyelwe ezi telwe ngamafuta, nezinkwana ezi izingcwecwana ezi nga vutyelwe ezi gcotywa ngamafuta ; u zenze ngempupu ka kolweni.

3 U zi beke ku baskiti munye, u zi lete ngaye ubaskiti, kanye netole nezinqama zombili.

4 U sondeze uAroni namadodana ake emnyango wetabanekele lokuhlangana, u ba geze ngamanzi.

5 U tabate izivato, u fake kuAroni ituniki nemeili leefodi, neefodi, nekoshene, u m bincise ibande elifeketisiweyo leefodi.

6 U fake isigqoko ekanda lake, u beka idiadema elingcwele esigqokweni.

7 U tabate amafuta okugcoba, u wa tele ekanda lake, u m gcobe.

8 U sondeze amadodana ake, u bembese amatuniki.

9 U ba bope ngamabande, uAroni namadodana ake, u ba fake iziqoko, ba be nobupristi ngomteto opakade, u ba beke uAroni namadodana ake.

10 U sondeze itole pambi kwetabanekele lokuhlangana ; uAroni namadodana ake ba beke izandhla zabo enhlokweni yetole.

11 U hlabe itole pambi kuka Jehova emnyango wetabanekele lokuhlangana.

12 U tabate igazi letole, u li bece ezimpondweni zelati ngomunwe wako, u tele igazi lonke pansi ngaselatini.

13 U tabate amafuta onke embilini, namanoni pezu kwesibindi, nezinso zombili, namafuta a kuzo, u ku tyise elatini.

14 Kepa inyama yetoli, nesikumba salo nomswani walo, u ku tyise ngomlilo ngapandhle kwekamu ; ku umnikelo wokona.

15 U tabate inqama i be nye ; uAroni namadodana ake ba beke izandhla zabo enhlokweni yayo.

16 U i hlabe inqama, u tabate igazi layo, u fafaze ilati ngalo inxa zonke.

17 U i hlahlele inyama, u hlanze izibilini zayo, namanqina ayo, u ku beke ndawonye nezito nekanda.

18 U tyise inqama yonke elatini, ku umnikelo wokutyiswa ku Jehova ; ku ipunga elimnandi, ku umnikelo womlilo kuJehova.

19 U tabate enye inqama ; uAroni namadodana ake ba beke izandhla zabo enhlokweni yayo.

20 U hlabe inqama, u tabate igazi layo, u li bece esitinzini sendhlebe sokunene sika Aroni, na sezitinzini zezindhlebe zokunene zamodondana ake, nasesitupeni sesandhla sokunene sabo, na sozwanini olukulu lonyawo lokunene lwabo u fafaze ilati ngalo inxa zonke.

21 U tabate igazi eli selatini, nama-
futa okugcoba, u fafaze ngako uAroni,
nezivato zake, namadodana ake, nezi-
vato zamadodana ake; a be ngcwele
yena, nezivato zake, namadodana ake,
nezivato zamadodana ake.
22 U tabate amafuta enqama, nomsila
ononileyo, namafuta embilini, namanoni
pezu kwesibindi, nezinso zombili, nama-
futa a kuzo, nomlenzi wokunene; i
inqama yokwahlukanisa;
23 U tabate isinkwa sinye, nesinkwana
sinye esi telwa amafuta, nesinkwana
sinye esi ucwecwe kubaskiti wezinkwa
ezi nga vutyelwe ezi pambi kuka Je-
hova;
24 U beke konke ezandhleni zika Aroni
na sezandhleni zamadodana ake; u ku
zulise ku be umnikelo wokuzuliswa pa-
mbi kuka Jehova.
25 U buye u ku tabate ezandhleni zabo,
u ku tyise elatini kanye nomnikelo wo-
kutyiswa, ku be ipunga elimnandi pa-
mbi kuka Jehova, ku umnikelo womlilo
ku Jehova.
26 U tabate isifuba senqama yokwa-
hlukanisa uAroni, u si zulise, si be
umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Je-
hova; ko ba isabelo sako.
27 U ngcwelise isifuba somnikelo wo-
kuzuliswa, nomlenzi womnikelo woku-
zuliswa, a zuliswayo nonikelwayo, okwe-
nqama yokumiswa, loko okuka Aroni,
naloko okwamadodana ake;
28 Ko ba okuka Aroni nokwamadoda-
na ake ngomteto opakade kwabaka Isra-
eli; ku umnikelo; ko ba umnikelo kwa-
baka Israeli, kuyo imihlatyelo yemini-
kelo yabo yokutula, umnikelo wabo ku-
Jehova.
29 Izivato ezingcwele zika Aroni zo
ba ezamadodana ake emva kwake, uku-
ba ba gcotywe, bamiswe bembete zona.
30 Indodana yake e ngumpristi a i za-
mbate izinsuku ezi isikombisa, nxa i
ngena etabanekeleni lokuhlangana uku-
konza endaweni engcwele.
31 U tabate inqama yokumisa, u peke
inyama yayo endaweni engcwele.
32 uAroni namadodana ake a ba dhle
inyama yenqama, nesinkwa esi kuba-
skiti, ngasemnyango wetabanekele loku-
hlangana.
33 Ba dhle loko oku hlaulwe ngako,
ukuba ba miswe ba ngcweliswe; ku nga
dhliwa omunye, ngokuba kungcwele.
34 Uma ku sala inyama yokumisa ku
ze ku se, noma isinkwa, wo ku tyisa oku-
seleyo ngomlilo, a ku nga dhliwa, ngoku-
ba ku ngcwele.
35 Wo kwenza njalo kuAroni na kuwo
amadodana ake; njengako konke engi
ku yalile ngako; a ku be izinsuku ezi
isikombisa u ba misa.
36 U nikele imihla ngemihla itole, li
be umnikelo wokona, ku hlaulwe; u
hlambulule ilati ngokulihlaulela, u li
gcobe, u li ngcwelise.
37 A ku be izinsuku ezi isikombisa u
hlaulela ilati, u li ngcwelisa; li ya kuba
ilati elingcwelengcwele; lowo o li pata-
yo ilati ka be ngcwele.
38 A ku be iloku o ya kukunikela ela-
tini, ukuti; amaundhlu amabili a no-
mnyaka munye imihla ngemihla ngesi-
kati sonke.
39 U nikele elinye iundhlu kusasa, u
nikele nelinye iundhlu kusihlwa.
40 Kanye nelinye iundhlu u nikele
okweshumi kweefa lempupu kakolweni
i xubanisiwe nokwesine kwehini lama-
futa agxotyiweyo nokwesine kwehini
lewaini, ku be umnikelo wokupuza.
41 Elinye iundhlu u li nikele kusi-
hlwa, u nikele nalo umnikelo wempu-
pu, nomnikelo wokupuza njenga ku-
sasa; ku be ipunga elimnandi, umni-
kelo womlilo kuJehova.
42 Lo u ya kuba umnikelo woku-
tyiswa njalonjalo ezizukulwaneni zenu
emnyango wetabanekele lokuhlangana
pambi kuka Jehova, lapo ngi ya ku-
hlangana kona nani, ngi kulume kini.
43 Lapo ngi ya kuhlangana nabaka
Israeli; li ya kungcweliswa ngobukosi
bami.
44 Ngi ya kungcwelisa itabanekele lo-
kuhlangana, nelati; ngi ya kungcwe-
lisa naye uAroni namadodana ake, ba
be abapristi bami.
45 Ngi ya kuhlala pakati kwabaka
Israeli, ngi be uTixo wabo.
46 Ba ya kwazi ukuti, ngi nguJe-
hova uTixo wabo, owa ba kipa ezwe-
ni la sEgipite ukuba ngi hlale pakati
kwabo; ngi nguJehova uTixo wabo.

## ISAHLUKO 30.

WENZE ilati lokutyisa impepo; u
lenze ngomuti womshita.
2 Ubude balo bu be ikubiti, nobuba-
nzi balo bu be ikubiti; li be nezinhla-
ngoti ezine ezi lingenayo; ukupakama
kwalo ku be amakubiti amabili; izi-
mpondo zalo zi be kunye nalo.
3 U li nameke ngegolide elihle, nga-

43 Uma ibala li buya li vele endhlini, emva kokukitywa kwamatye, nokupalwa kwendhlu, nokuhuqwa kwayo;

44 Umpristi ka buye eze, a bheke, ko ti, uma ibala landile endhlini, li ubulepero obudhlayo endhlini; i ngcolile.

45 Ka i bidhlizwe indhlu, amatye ayo, nemiti yayo, nodaka lonke lwendhlu; ku kitywe emzini ku lahlwe endaweni engcolileyo.

46 Ongenayo endhlini ngesikati sokuvalwa kwayo wo hlala e ngcolile ku ze ku hlwe.

47 No lele endhlini ka hlanze izivato zake, nodhlayo endhlini, ka hlanze izivato zake.

48 Uma umpristi e ngena, a li bheke, ku ti, uma ibala li ngandile endhlini, emva kokuhuqwa kwendhlu, kona umpristi, ka tyo a ti, indhlu i hlambulukile, ngokuba ibala li polile.

49 Ka tabate izinyoni ezimbili, nomerezi, nokubomvu, nomezobi, ukuba a hlambulule indhlu;

50 A hlabe enye inyoni esityeni sebumba pezu kwamanzi aluhlaza;

51 A tabate umerezi, nomezobi, nokubomvu, nenyoni ezwayo, a ku fake egazini lenyoni e hlatyiweyo, na semanzini aluhlaza, a fafaze indhlu kakombisa;

52 A hlambulule indhlu ngegazi lenyoni, na ngamanzi aluhlaza, na ngenyoni ezwayo, na ngomerezi, na ngomezobi, na ngokubomvu;

53 Kepa a yeke inyoni ezwayo, i pume emzini, i zihambele endhle, a hlaulele indhlu; yo hlambululekile.

54 Lo u ngumteto wamabala onke obulepero nowomuna,

55 Nowobulepero besivato, nobendhlu,

56 Nowentutumba, nowoqweqwe, nowebala;

57 Ukuba ba fundiswe lapo ku ngcolile, na lapo ku hlambulukile; lo u ngumteto wobulepero.

## ISAHLUKO 15.

UJEHOVA wa tyo kuMosi na kuAroni, wa ti,

2 A no tyo kwabaka Israeli, ni ti kubo, Nxa umuntu wesilisa e nokupuma emzimbeni wake, u ngcolile ngesipumo sake.

3 Loku ko ba ukungcola kwake ngesipumo sake, noma umzimba wake u vuza isipumo sake noma umzimba wake u nqamuka u nga vuzi isipumo sake, ku ukungcola kwake.

4 Imibede yonke, a lala kuyo yena o nesipumo, i ngcolile; nezinto zonke, a hlala kuzo, zi ngcolile.

5 O pata umbede wake wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe.

6 No hlala entweni, a e hlezi kuyo o nesipumo, wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

7 No pata umzimba wake o nesipumo, wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

8 Uma o nesipumo e m pimisela ohlambulukileyo amate, wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

9 Izihlalo zonke, a hamba pezu kwazo o nesipumo, zi ngcolile.

10 O pata into eya i pansi kwake wo hlala e ngcolile ku ze ku hlwe; no twala lento wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

11 No patwa uye o nesipumo, e nga hlambile izandhla zake ngamanzi, wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

12 Isitya sebumba, esi patwa uye o nesipumo, so bulawa; nesitya somuti so hlanzwa ngamanzi.

13 Nxa o nesipumo e hlanjululwa kuso isipumo sake, ka bale izinsuku ezi isikombisa ngokuhlanjululwa kwake, a hlanze izivato zake, a geze umzimba wake ngamanzi aluhlaza, a hlambuluke.

14 Ngosuku lwesishiyagalombili a tabate amahobe amabili, noma amavukutu amabili amatya, eze pambi kuka Jehova emnyango wetabanekele lokuhlangana, a wa nike umpristi;

15 Umpristi a wa nikele, elinye li be umnikelo wesono, elinye li be umnikelo wokutyiswa; umpristi a m hlaulele ngesipumo sake.

16 Nxa ku puma kowesilisa imbeu yokuzala wo geza umzimba wonke wake ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

17 Izingubo zonke, nezikumba zonke oku kuzo imbeu yokuzala, zo hlanzwa ngamanzi, zi hlale zi ngcolile ku ze ku hlwe.

18 Nowesifazana e lala naye indoda i nembeu yokuzala, a ba geze ngamanzi bobabili, ba hlale be ngcolile ku ze ku hlwe.

19 Nxa owesifazana e nesipumo, isi-
pumo sake si igazi emzimbeni wake, wo
ba o ngcolile izinsuku ezi isikombisa; o m
patayo wo hlala e ngcolile ku ze ku hlwe.
20 Izinto zonke a lala kuzo, e sa ngco-
lile, zo ba zi ngcolile; nezinto zonke a
hlala kuzo zo ba zi ngcolile.
21 O pata umbede wake, wo hlanza
izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e
ngcolile ku ze ku hlwe.
22 O pata into a e hlezi kuyo wo hla-
nza izivato zake, a geze ngamanzi a hla-
le e ngcolile ku ze ku hlwe.
23 Uma ku umbede wake, noma ku
sentweni a hlala kuyo, nxa ku patwa
umuntu wo hlala e ngcolile ku ze ku
hlwe.
24 Uma umuntu e lala naye, a telwe
ukungcola kwake wo ba o ngcolile izinsu-
ku ezi isikombisa; nombede wonke a
lala kuwo, wo ba u ngcolile,
25 Nxa owesifazana e nesipumo segazi
lake izinsuku eziningi, zi nga bi ezoku-
ngcola kwake, nanxa ku puma ku dhlu-
le isikati sokungcola kwake, zonke izi-
nsuku zesipumo sokungcola kwake zo ba
njengezinsuku zokuhlala kwake yedwa;
wo ba u ngcolile.
26 Imibede yonke a lala kuyo izinsuku
zonke zesipumo sake yo ba kuye njengo-
mbede wokungcola kwake izinto zonke
a hlala kuzo zo ba zi ngcolile, njengoku-
ngcola kokuhlala kwake yedwa.
27 O pata lezozinto wo ba u ngcolile, ka
hlanze izivato zake, a geze ngamanzi, a
hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.
28 Kepa uma e hlambulukile kuso isi-
pumo sake, ka zibalele izinsuku ezi isi-
kombisa, emva kwaloku a be hlambulu-
kile.
29 Ngosuku lwesishiyagalombili ka
tabate amahobe amabili, noma amavu-
kutu amabili amatya, a wa lete kumpris-
ti, emnyango wetabanekele lokuhlanga-
na.
30 Umpristi a nikele elinye li be umni-
kelo wesono, nelinye li be umnikelo wo-
kutyiswa; umpristi a m hlaulele pa-
mbi kuka Jehova ngesipumo sokungcola
kwake.
31 Kanjalo ni ya kwahlukanisa aba-
ka Israeli nokungcola kwabo, ukuba ba
nga fi ekungcoleni kwabo, lapo be ngco-
lisa itabanekele lami eli pakati kwabo.
32 Lo u ngumteto wake o nesipumo,
nowake okupuma kuye imbeu yokuzala,
a ze a ngcoliswe ngako;
33 Nowake o gula ngokungcola kwake,
nowake o nesipumo, owesilisa nowesifa-
zana, nowake o lala naye o ngcolileyo.

## ISAHLUKO 16.

UJEHOVA wa tyo kuMosi emva ko-
kufa kwamadodana amabili ka Aro-
ni, e nikela pambi kuka Jehova a fayo;
2 Wa ti uJehova kuMosi, Yityo ku-
Aroni umfo wenu, ukuba a nga ngeni
ngezikati zonke endaweni engcwele, pa-
kati kwalo iveli, pambi kwesisibekelo.
3 uAroni ka ngene endaweni engcwele
e na loku, kokuti, itole li be umnikelo
wesono, nenqama i be umnikelo woku-
tyiswa.
4 Ambate ituniki elingcwele lebadi, a
fake ibulukwe lebadi, a bince ibande le-
badi, a fake isigqoko sebadi; lezi zi izi-
vato ezingcwele; ngako ka geze umzi-
mba wake ngamanzi, a zambate.
5 A tabate esizweni sabaka Israeli izi-
mpongo ezimbili ezimbuzini, zi be umni-
kelo wesono, nenqama i be umnikelo
wokutyiswa.
6 uAroni ka nikele itole, oku ngelake,
lomnikelo wesono, a zihlambele yena ne-
ndhlu yake.
7 A tabate izimpongo ezimbili lezi, a
zi beke pambi kuka Jehova, emnyango
wetabanekele lokuhlangana.
8 uAroni a kenze inkato ngazo izimpo-
ngo, enye i be eka Jehova, enye i be eka
Azazeli.
9 uAroni a lete impongo e dhliwe inka-
to ka Jehova, a i nikele i be umnikelo
wesono.
10 Kepa impongo e dhliwa inkato ka
Azazeli a i bekwe pambi kuka Jehova,
i sezwa, ukuba ku hlaulwe ngayo, i ye-
kwe i ye ehlane i be e ka Azazeli.
11 uAroni a lete itole, o ku ngelake, lo-
mnikelo wesono, a zihlaulela yena ne-
ndhlu yake, a hlabe itole, o ku ngelake,
lomnikelo wesono.
12 A tabate ipeni li gcwele amalahle
omlilo a selatini pambi kuka Jehova, ne-
zandhla zake zi gcwele impepo e qoli-
weyo i gayekile, a ku lete pakati kwe-
veli;
13 A beke impepo emlilweni pambi
kuka Jehova, ukuba ifu lempepo lembe-
se isisibekelo esi pezu komteto, ukuba a
nga fi;
14 A tabate igazi letole, a fafaze ngalo
ngomunwe wake isisibekelo ngasempu-
malanga, na ngapambili kwesisibekelo
a fafaze ngegazi kakombisa ngomunwe
wake.

15 Kona ka hlabe impongo yomnikelo
wesono, eyabantu, a lete igazi layo pa-
kati kweveli, enze ngalelogazi njengalo-
ku wenza ngegazi letole, a fafaza nga-
lo isisibekelo na ngapambili kwesisibe-
kelo;
16 A hlaulele indawo engcwele ngoku-
ngcola kwabaka Israeli, na ngokuhlu-
buka kwabo na ngezono zabo; a kenzele
njalo itabanekele lokuhlangaua eli hle-
ziyo pakati kokungcola kwabo
17 A ku nga bi ko muntu etabanekeleni
lokuhlangana lapo e ngena ukuhlaula
endaweni engcwele, a ze a buye a pume,
e se zihlaulele yena, nendhlu yake, nesi-
zwe sonke sa kwaIsraeli.
18 A pume a ye elatini eli pambi kuka
Jehova, a li hlaulele; a tabate igazi le-
tole, negazi lempongo a li beke ezimpo-
ndweni zelati inxa zonke.
19 A li fafaze ngegazi ngomunwe wake
kakombisa, a li hlambulule, a li ngcwe-
lise ekungcoleni kwabaka Israeli.
20 E se qedile ukuhlaulela indawo
engcwele yetabanekele lokuhlangana,
nelati, ka nikele impongo ezwayo;
21 uAroni a beke izandhla zake zozi-
bili enhlokweni yempongo ezwayo, a
vuma pezu kwayo amacala onke abaka
Israeli, nokweduka konke kwabo nge-
zono zonke zabo, a zi beke enhlokweni
yempongo, a i mukise ngomuntu ofane-
leyo, i ye ehlane;
22 Impongo i twale izono zonke zabo,
i ye nazo ezweni eli ngakiwe; a i yeke
impongo ehlane.
23 uAroni a buye a ngene etabanake-
leni lokuhlangana, a kumule izivato za-
ke zebadi, a zambatayo e sa ngena enda-
weni engcwele, a zi shiye kona;
24 A geze umzimba wake ngamanzi
endaweni engcwele, ambate izivato zake,
a pume a nikele umnikelo wake woku-
tyiswa, nomnikelo wabantu wokutyi-
swa, a zihlaulele yena, nabantu.
25 A tyise elatini amafuta omnikelo
wesono.
26 Yena o wa yeke impongo i be e ka
Azazeli, ka hlanze izivato zake, a geze
umzimba wake ngamanzi, a buye a nge-
ne ekamu.
27 Itole lomnikelo wesono, nempongo
yomnikelo wesono, igazi lazo la nge-
niswa ukuba ku hlaulwe endaweni
engcwele, a zi kityelwe ngapandhle
kwekamu, ku tyiswe ngomlilo izikumba
zazo, nenyama yazo, nobulongwe bazo.
28 O zi tyisayo ka hlanze izivato zake,
a geze umzimba wake ngamanzi, anduba
a ngene ekamu.
29 Loku a ku be kini umteto opakade,
wokuti ngenyanga yesikombisa ngosu-
ku lweshumi lwenyanga, a no zitobisa,
ni nga sebenzi umsebenzi, noma owaki-
ni, noma owezizwe owakileyo kini.
30 Ngokuba ngalolosuku umpristi wo
ni hlaulela, a ni hlambulule, ni ze ni
hlambuluke kuzo zonke izono zenu pa-
mbi kuka Jehova.
31 Ko ba kini isabata lokupumula; a
no zitobisa, ngomteto opakade.
32 Umpristi, o za kugcotywa, a miswe
a be umpristi esikundhleni sika yise, ka
hlaule, ambate izivato zebadi, izivato ezi-
ngcwele;
33 A hlaulele indawo engcwele; a hlau-
lele itabanekele lokuhlangana, nelati, a
hlaulele abapristi, nabantu bonke be-
sizwe.
34 Loku ko ba kini umteto opakade,
ukuba ku hlaulelwe abaka Israeli nge-
zono zonke zabo kanye ngomnyaka.
Wenza njengokutyo kuka Jehova ku-
Mosi.

## ISAHLUKO 17.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,
2 Yityo kuAroni na kuwo amado-
dana ake na kubo bonke abakaIsraeli,
u ti kubo; Loku ku iko a ku yalayo
uJehova, ukuti,
3 Umuntu wa kwaIsraeli o hlaba inko-
mo, noma imvu, noma imbuzi, ekamu,
noma e hlaba ngapandhle kwekamu,
4 A nga i leti emnyango wetabane-
kele lokuhlangana, ukuba a nikele umni-
kelo kuJehova pambi kwetabanekele li-
ka Jehova, wo ba necala legazi lowo-
muntu; u citile igazi; lowomuntu wo
nqunywa kwabakubo;
5 Ukuze abaka Israeli ba lete imihla-
tyelo yabo, aba i hlabayo endhle, ba i
lete kuJehova, emnyango wetabanekele
lokuhlangana, kumpristi, ba i hlabe, i
be imihlatyelo yokutula kuJehova.
6 Umpristi a fafaze ngegazi ilati lika
Jehova, eli semnyango wetabanekele
lokuhlangana, a tyise amafuta, a be
ipunga elimnandi kuJehova.
7 A ba nga sa yi kubuya, ba hlabele
amademoni imihlatyelo, aba pinga na-
wo. Loku ko ba umteto opakade kubo
ezizukulwaneni zabo.
8 U ti kubo, umuntu wa kwaIsraeli,
noma owezizwe, owakileyo kini, o ni-
kela umnikelo, noma umhlatyelo,
9 E nga u leti emnyango wetabanekele

lokuhlangana, ukuba a u nikele kuJe-
hova; lowo muntu wo nqunywa kwa-
bakubo.
10 Nomuntu wa kwaIsraeli, noma owe-
zizwe, owakileyo kini, o dhlayo igazi;
ngi ya kumbheka lowomuntu o dhlayo
igazi, ngi m nqume kwabakubo.
11 Ngokuba umpefumlo womzimba
u segazini; ngi ni nikile lona elatini
ukuhlaulela imipefumlo yenu; ngo-
kuba ku igazi eli hlaulela ngompefumlo.
12 Ngako nga ti kwabaka Israeli, A
ku nga bi ko muntu kini o dhlayo igazi,
nowezizwe owakileyo kini a nga dhli
igazi.
13 Nomuntu wabaka Israeli, noma
owezizwe, owakileyo kini, o zingelayo
a bambe isilwane, noma inyoni e dhli-
wayo, ka eite igazi layo, a li fulele ngo-
mhlabati.
14 Ngokuba li umpefumlo wenyama
yonke; igazi layo li umpefumlo wayo;
ngako nga ti kwabaka Israeli, Ni nga
dhli igazi lenyama; ngokuba umpefu-
mlo wenyama yonke u igazi layo; o
li dhlayo wo nqunywa.
15 Na lowomuntu o dhlayo into ezi-
felayo, noma into ehxetyuliweyo, uma
ku ngowakini, noma owezizwe, ka hla-
nze izivato zake, a geze ngamanzi a be
o ngcolile ku ze ku hlwe; a buye a hla-
mbuluke.
16 Kepa uma e nga zi hlanzi, e nga
gezi, wo ba necala.

## ISAHLUKO 18.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,
2 Yityo kwabaka Israeli, u ti kubo,
Ngi nguJehova uTixo wenu.
3 Ni ngenzisi okwemisebenzi yezwe
la sEgipite, ena hlala kulo; ni nge-
nzisi okwemisebenzi yezwe la seKenani,
engi ni yisa kulo; ni nga hambi ngemi-
kuba yabo.
4 A nenze imiyalo yami, ni geine imi-
teto yami, ni hambe ngayo; ngi nguJe-
hova uTixo wenu.
5 Ngako a no geina imiteto yami ne-
miyalo yami: uma umuntu e yenza wo
pila ngayo; ngi nguJehova.
6 A ku nga sondeli muntu kowakubo
ukwambula ubunqunu bake; ngi ngu-
Jehova.
7 U ngambuli ubunqunu buka yihlo,
ubunqunu buka nyoko; u unyoko, u
ngambuli ubunqunu bake.
8 U ngambuli ubunqunu bomka yihlo;
ku ubunqunu buka yihlo.
9 U ngambuli ubunqunu bodade wenu,
indodakazi ka yihlo, noma indodakazi
ka nyoko, noma e zelwe kini, noma e
zelwe ngapandhle; u ngambuli ubu-
nqunu babo.
10 U ngambuli ubunqunu bendoda-
kazi yendodana yako, nobendodakazi
yendodakazi yako; u ngambuli ubu-
nqunu bawo; ngokuba obawo bu ubu-
nqunu bako.
11 U ngambuli ubunqunu bendodakazi
yomka yihlo, e zelwe uyihlo, u udade
wenu, u ngambuli ubunqunu bake.
12 U ngambuli ubunqunu bodade wabo
ka yihlo; u isihlobo sika yihlo.
13 U ngambuli ubunqunu bodade wa-
bo ka nyoko; ngokuba u isihlobo sika
nyoko.
14 U ngambuli ubunqunu bomfo wabo
ka yihlo, u nga sondeli kumkake; u
unyokokazi.
15 U ngambuli ubunqunu bomaloka-
zana, u umka ndodana yako; u nga-
mbuli ubunqunu bake.
16 U ngambule ubunqunu bomka mfo
wenu; ku ubunqunu bomfo wenu.
17 U ngambuli ubunqunu bomfazi ne-
ndodakazi yake; u nga tabati indoda-
kazi yendodana yake, nendodakazi ye-
ndodakazi yake, ukwambula ubunqu-
nu bayo; ngokuba e ngowakubo; ku
ububi.
18 U nga tabati udade wabo womkako
ukwambula ubunqunu bake, u be umka-
ko kanye naye, e se kona yena, u ze u
m hlupe.
19 U nga sondeli kumfazi ukwambula
ubunqunu bake e se ngcolile ngoku-
ngcola kwake.
20 U nga lali nomfazi wake owakelene
naye ukuzingcolisa ngaye.
21 U nga nikeli imbeu yako kuMole-
ki; u nga tuki igama lika Tixo wako;
ngi nguJehova.
22 U nga lali nowesilisa njengokula-
lwa nowesifazana; ku ya nengeka.
23 U nga lali nesilwane ukuzingcolisa
ngaso; nowesifazana ka ngeni pambi
kwesilwane ukuba a lale naso; ku nga-
manyala.
24 Ni nga zingcolisi ngalezizinto; ngo-
kuba izizwe engi zi xotya pambi kwe-
nu; zi ngcolile ngazo zonke lezizinto;
25 Izwe li ngcolile; ngako ngi li lahla
ngokona kwalo; izwe li ya hlauza aba-
ntu balo.
26 Ngako geinani imiteto yami nemi-
yalo yami, ni ngenzi lezizinto ezinenge-

kayo, noma owakini, noma owezizwe
owakileyo kini;
27 (Ngokuba zonke lezizinto ezine-
ngekayo ba zenzile abantu ba lelizwe,
aba be kona pambi kwenu, izwe li ngco-
lile;)
28 Ukuba izwe li nga ni hlanzi, ni sa
li ngcolisa, njengaloku la hlanza izizwe
eza zi kona pambi kwenu.
29 Ngokuba lowo owenzayo lezizinto
ezinengekayo, abantu aba zenzayo bo
nqunywa kwaba kubo.
30 Ngako gcinani umteto wami, uku-
ba ni ngenzi lemikuba enengekayo,
eyenziwa ni nga ka fiki, ni nga zi-
ngcolisi ngayo; ngi nguJehova uTixo
wako.

## ISAHLUKO 19.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,
2 Yityo kuso sonke isizwe sabaka
Israeli, u ti kubo, A ni be ngcwele ngo-
kuba ngi ngcwele mina Jehova uTixo
wenu.
3 Hlonipani ku be ilowo unina, noyise,
ni gcine amasabata ami; ngi nguJe-
hova uTixo wenu.
4 Ni nga pendukeli kuzo izitombe, ni
nga zenzeli otixo abapekiweyo; ngi
nguJehova uTixo wenu.
5 Nxa ni hlaba umhlatyelo wokutula
kuJehova, a no u hlabela uJehova uku-
ba namkelwe.
6 Ka u dhliwe ngosuku eni u hlaba
ngalo, na ngangomso, kepa okuseleyo
ku ze ku fike usuku lwesitatu ko tyiswa
ngomlilo.
7 Uma ku dhliwa neze lawo ngosuku
lwesitatu, ku ya kunengeka, a ku yi
kwamkelwa.
8 Ngako o ku dhlayo u ya kuba neca-
la, ngokuba e kweisa okungcwele kuka
Jehova; wo nqunywa kwabakubo.
9 Nxa ni vuna amabele enu, u nga
vuni u qede ukuvuna emagunjini ensi-
mu yako, u nga kotozi ensimini yako.
10 U nga kotozi esivinini sako, u nga
buti izinhlamvu zesivini sako ezi sele
ngazinye; wo zi shiyela abampofu na-
bezizwe; ngi nguJehova uTixo wenu.
11 Ni ngebi, ni nga kohlisani, ni nga
qambelani amanga.
12 Ni nga fungeli igama lami ama-
nga; u nga tuki igama lika Tixo wako;
ngi nguJehova.
13 U nga dhli owakelene nawe u
nga m pangi; imali yesisebenzi a i
nga hlali kuwe ubusuku ku ze ku se.
14 U nga tuki isitulu, u nga beki isi-
kubekiso pambi kwempumpute; yesaba
uTixo wako; ngi nguJehova.
15 Ni ngoni nxa ni teta amacala; u
nga bheki ompofu; u nga meli omkulu;
kepa u tete icala lowakelene nawe ngo-
kulunga.
16 U nga hambahambi u qamba ama-
nga ebantwini bakini; u nga meli iga-
zi lowakelene nawe ukuba u m lahle;
ngi nguJehova.
17 U nga m zondi umfo wenu ngenhli-
ziyo yako; wo luleka owakelene nawe,
u nga bi nasono ngaye.
18 U nga pindisi, u nga hlali u tuku-
telele abantwana babantu bakini, wo ta-
nda owakelene nawe njengokuzitanda
kwako; ngi nguJehova.
19 Gcinani izimiso zami. U ngenzi
izilwane zako zi zekwe ezolunye uhlobo;
u nga hlwanyeli ensimini yako imbeu
e xubene nenye; u ngambati ingubo
yendwangu e xutyanisiweyo.
20 Nxa umuntu e lala nowesifazana e
isigqili, e ingodusi, e nga hlengiwe, e
nga kululiwe ngesihle, ka ba tyaywe,
ba nga bulawa, ngokuba e nga kulule-
kile.
21 Ka lete umnikelo wake wecala ku-
Jehova, emnyango wetabanekele loku-
hlangana, inqama i be umnikelo we-
cala.
22 Umpristi ka m hlaulele ngenqama
yomnikelo wecala pambi kuka Jehova
ngesono a sonileyo, a tetelelwe isono sa-
ke a sonileyo.
23 Nxa ni fikile ezweni, ni tyalile imiti
yonke edhliwayo, a no ti izitelo zayo
ezokungasoki; iminyaka emitatu a zi be
ezokungasoki kini; zi nga dhliwa.
24 Kepa ngomnyaka wesine izitelo
zonke zayo zo ba ngcwele zokubonga
uJehova.
25 Ngomnyaka wesine ni nga zi dhla
izitelo zayo, i ze i ni telele kakulu; ngi
nguJehova.
26 Ni nga dhli into negazi layo; ni
nga buli, ni nga bheki imihlola.
27 Ngi nga gundi amakanda enu ema-
caleni ni wa zungeze, u ngoni isilevu sa-
ko emacaleni.
28 Ni nga zisiki imizimba yenu nge-
nxa yabafileyo, ni nga zilobi amabala;
ngi nguJehova.
29 U ngoni indodakazi yako ngokuye-
nza isifebe, ukuba izwe li ngenzi ubufe-
be, izwe li gcwele ukona.
30 Gcinani amasabata ami, ni hlonipe
indawo yami engcwele; ngi nguJehova.

31 Ni nga bheki izanusi, ni nga funi izinyanga, ni ze ni ngcoliswe izo; ngi nguJehova.

32 Suk ume pambi kwempunga, u hlonipe ubuso bomuntu omdala, u m esabe uTixo wako; ngi nguJehova.

33 Uma owezizwe e hlala nawe ezweni lakini, ni nga m hlupi.

34 Owezizwe o hlala kini ka be njengowakini, wo m tanda njengokuzitanda kwako; ngokuba be ni ngabezizwe ezweni la sEgipite; ngi nguJehova uTixo wenu.

35 A ni ngoni ngokwahlula, na ngokulinganisa ubukulu bento, na ngokulinganisa ubunzima bento, na ngokulinganisa okumanzi.

36 No ba nezikalo ezilungileyo, nezilinganiso ezilungileyo, neefa elilungileyo, nehini elilungileyo; ngi nguJehova uTixo wenu, owa ni kipa ezweni la sEgipite.

37 Ngako gcinani imiteto yami, nemiyalo yami, ni yenze; ngi nguJehova.

## ISAHLUKO 20.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,

2 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Lowo, noma e ngowa kwabaka Israeli, noma owezizwe o hlala kwaIsraeli, o nikela imbeu yake kuMoleki, ka bulawe impela, abantu ba sezweni ka ba m kande ngamatye.

3 Ngi ya kubheka lowomuntu, ngi m nqume kwabakubo; ngokuba e nikele imbeu yake kuMoleki, wa za wa ngcolisa indawo yami engcwele, wa tuka igama lami elingcwele.

4 Uma abantu be cimeza amehlo abo, ba nga boni lowomuntu lapo e nikela imbeu yake kuMoleki, ba nga m bulali;

5 Kona ngi ya kumbheka lowomuntu, nabendhlu yake, ngi m nqume kwabakubo nabo bonke abamlandelayo ukuba ba pinge, ukuba ba pinge noMoleki.

6 Na lowo o hambela kwaba izanusi na kuzo izinyanga ukuba a pinge nabo; ngi ya kubheka lowomuntu, ngi m nqume kwabakubo.

7 Ngako zingcwelisani, ni be ngcwele; ngokuba ngi nguJehova uTixo wenu.

8 A no gcina imiteto yami, ni yenze; ngi nguJehova o ni ngcwelisayo.

9 Nxa umuntu e tuka uyise nonina, ka bulawe impela; u tukile uyise nonina; igazi lake li ya kuba pezu kwake.

10 Nomuntu opingayo nomfazi womunye umuntu, opingayo nomfazi wake owakelene naye, abapingayo, indoda nomfazi, a ba bulawe impela.

11 Nomuntu o lala nomka yise wambulile ubunqunu buka yise; a ba bulawe impela bobabili; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

12 Uma umuntu e lala nomalokazana, a ba bulawe bobabili impela; benzile amanyala; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

13 Uma indoda i lala nowesilisa njengokulalwa nowesifazana benzile okunengekayo bobabili; a ba bulawe impela; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

14 Uma umuntu e tabata umfazi nonina wake, ku ukona; a ba tyiswe ngomlilo yena nabo; ukuba ku nga bi ko ukona kini.

15 Uma umuntu e lala nesilwane, ka bulawe, so bulawa nesilwane.

16 Uma owesifazana e sondela esilwaneni ukuba a lale naso, ka bulawe owesifazana kanye nesilwane; a ku bulawe kokobili impela; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

17 Uma umuntu e tabata udade wabo, intombi ka yise, noma intombi ka nina, a bone ubunqunu bake, naye a bone ubunqunu bake, ku into embi; a ba nqunywe pambi kwabakubo; wambulile ubunqunu bodade wabo; u ya kuba necala.

18 Uma umuntu e lala nowesifazana, e nokungcola kwake, ambule ubunqunu bake; u vezile umtombo wake, naye wambululile umtombo wegazi lake; a ba nqunywe bobabili kwabakubo.

19 U ngambuli ubunqunu buka dade wabo ka nyoko, nobuka dade wabo ka yihlo; ngokuba u yambulula owakubo; ba ya kuba necala.

20 Uma umuntu e lala noninakazi, wambululile ubunqunu buka yisekazi; ba ya kuba necala; ba ya kufa be nge namtwana.

21 Uma umuntu e tabata umfazi womfo wabo; ku ukungcola; wambululile ubunqunu bomfo wabo; ba ya kuhlala be nge namtwana.

22 Ngako gcinani imiteto yami nemiyalo yami, ni yenze, ukuba izwe, engi ni yisa kulo ukwaka, li nga ni hlanzi.

23 Ni nga hambi ngemikuba yezizwe, engi zi xotya pambi kwenu; ngokuba benza zonke lezizinto, ngako nga ba zonda.

24 Kepa ngi tyilo kini, nga ti, Ni ya kudhla izwe labo, ngi ya kuninika lona,

li be elenu, izwe eli vama ubisi nezi-
nyosi; ngi nguJehova o nahlukanisileyo
nabanye abantu.
25 Ngako a nahlukanise izilwane ezi-
hlambulukileyo nezingcolileyo, nezinyo-
ni ezihlambulukileyo nezingcolileyo; ni
nga zingcolisi ngesilwane, na ngenyoni,
na ngento e nambuzelayo emhlabeni,
engi zahlukanisileyo nani, ngati zi
ngcolile.
26 A no ba ngcwele kimi; ngokuba
mina Jehova ngi ngcwele; ngi nahlu-
kanisile nabanye abantu, ukuba ni be
abami.
27 Uma owesilisa noma owesifazana,
e umlozi, noma e isanusi, ka bulawe
impela; a ba kandwe ngamatye; igazi
labo li ya kuba pezu kwabo.

## ISAHLUKO 21.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti, Yityo
kubapristi, amadodana ka Aroni, u
ti kubo, A ku nga bi ko o zingcolisayo
ngabafileyo ba kubo;
2 Kepa ngabakubo, aba izihlobo zake,
ukuti, ngonina, na ngoyise, na ngendo-
dana yake, na ngendodakazi yake, na
ngomfo wabo,
3 Na ngodade wabo, e intombi, e
isihlobo sake, e nge nandoda; a nga
zingcolisa ngaye.
4 A nga zingcolisi, loku e isikulu
kwabakubo, a ze a zeise.
5 Ba nga zenzi ba be izimpandhla,
ba nga puculi isilevu emacaleni, ba nga
zisiki emzimbeni.
6 Bo ba ngcwele kuTixo wabo, ba nga
li tuki igama lika Tixo wabo; ngokuba
be nikela iminikelo yolibo ka Jehova,
ukudhla kuka Tixo wabo; ngako bo ba
ngcwele.
7 Ba nga tabati umfazi o isifebe, no-
wonakeleyo, ba nga tabati umfazi o
lahliweyo indoda; ngokuba e ngcwele
kuTixo wake.
8 Ngako u m gcwelise; ngokuba e
nikela ukudhla kuka Tixo wako; wo
ba ngcwele kuwe, ngokuba ngi ngcwele
mina Jehova o ni ngcwelisayo.
9 Indodakazi yompristi, uma i zona i be
isifebe, i yona uyise; a i tyiswe ngomlilo.
10 Umpristi omkulu kubafo wabo, owa
telwa ngamafuta okugcoba ekanda, o
miselwe ukwambata izivato, ka nga-
mbuli ikanda lake, a nga hxebuli izivato
zake;
11 Ka nga ngeni kumuntu ofileyo, a
nga zingcolisi ngenxa ka yise nonina.
12 A nga pumi endaweni engcwele, a
ngoni indawo engcwele kuTixo wake;
ngokuba ukumisa kwamafuta okugcoba
ka Tixo wake ku pezu kwake; ngi ngu-
Jehova.
13 Ka tabate intombi i be umkake.
14 Umfelokazi, nomfazi o lahliweyo,
nowonakeleyo, no isifebe, a nga ba ta-
bati laba; kepa ka tabate intombi kuba-
ntu ba kubo i be umkake.
15 Ka ngoni inzalo yake ebantwini
bake; ngokuba mina Jehova ngi m
ngcwelisile.
16 Ujehova wa tyo kuMosi, wa ti,
17 Yityo kuAroni, u ti, Uma umuntu
wa senzalweni yako ezizukulwaneni za-
yo e isilima, ka nga sondeli ukunikela
ukudhla kuka Tixo wake.
18 Ngokuba lowo o isilima ka nga so-
ndeli, noma e impumputi, noma e unyo-
nga, noma o mpumulo etyonileyo, noma
e isilima ngesito,
19 Noma e ingini ngonyawo, noma e
ingini ngesandhla,
20 Noma e isifumbu, noma e isitombe,
noma e qubukile, noma e nomuna, no-
ma e isilima ngamasende;
21 Umuntu o isilima wa senzalweni
ka Aroni umpristi ka nga sondeli uku-
nikela iminikelo yomlilo ka Jehova; u
isilima, ka nga sondeli ukunikela uku-
dhla kuka Tixo wake.
22 A nga dhla ukudhla kuka Tixo wa-
ke, loko oku ngcwelengcwele na loko
oku ngcwele.
23 Kepa ka nga ngeni kulo iveli, a
nga sondeli elatini, ngokuba e isilima,
ukuba a ngoni oku ngcwele kwami, ngo-
kuba mina Jehova ngi ya ba ngcwelisa.
24 uMosi wa m tyela uAroni, namado-
dana ake, nabo bonke abaka Israeli.

## ISAHLUKO 22.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,
2 Yityo kuAroni na kuwo amado-
dana ake ukuba ba nga pati oku ngcwe-
le kwabaka Israeli, ba ngeise igama lami
ngokupata loko aba ngi ngcwelisele ko-
na; ngi nguJehova.
3 Yityo kubo u ti, Lowo wa senzalwe-
ni yenu, ezizukulwaneni zenu o sonde-
layo ezintweni ezingcwele, abaka Israeli
aba zi ngcwelisele uJehova, e sa ngcolile,
lowomuntu ka nqunywe, a nga bi ko
ebusweni bami; ngi nguJehova.
4 Owa senzalweni ka Aroni o ilepero,
noma e nesipumo, ka nga dhli oku
ngcwele, e nga ka hlambuluki. Nopa-

tayo okungcolileyo ngofileyo, nomuntu
okupuma kuye imbeu yokuzala;
5 Nopatayo isilwanyana esinambuze-
layo; a nga ngcoliswa ngaso, nomuntu
a nga ngcoliswa ngaye, nokungcola ku-
ni kwake;
6 Okupatayo wo hlala e ngcolile ku ze
ku hlwe; a nga dhli oku ngcwele, uma e
nga gezi umzimba ngamanzi.
7 Lapo li tyonile ilanga wo hlambulu-
ka, a be se ya dhla okungcwele; ngokuba
ku ukudhla kwake.
8 Isilwane esizifelayo nesihxetyuliwe-
yo a nga si dhli ukuzingcolisa ngaso;
ngi nguJehova.
9 Ngako a ba gcine umteto wami, uku-
ba ba nga bi nasono, ba fe ngaso, nxa be
weisa; ngi nguJehova o ba ngcweli-
sayo.
10 Owezizwe a nga dhli okungcwele;
ohambelayo kumpristi, nosebenzela ima-
li, a nga dhli oku ngcwele.
11 Kepa uma umpristi e tenga umu-
ntu ngemali yake, a nga ku dhla; noza-
lwe ekaya lake; ba nga dhla ukudhla
kwake.
12 Uma indodakazi yompristi i gana
kowezizwe a i nga dhli emnikelweni wo-
kungcwele.
13 Kepa uma indodakazi yompristi i
umfelokazi, noma yahlukene nendoda, i
nge namtwana, i buyele ekaya lika yise,
njenga sebutyeni bayo, i nga dhla uku-
dhla kuka yise; kepa owezizwe ka nga
ku dhli.
14 Uma umuntu e dhla okungcwele
ngokungazi, wo kwenezela okwesihlanu
kwako, a ku nike umpristi kanye noku-
ngcwele.
15 A ba nga kweisi okungcwele kwa-
baka Israeli aba ku nikelayo kuJehova;
16 Ba nga zitwesi ngokona lapo be
dhla okungcwele kwabo; ngokuba ngi
nguJehova o ba ngcwelisayo.
17 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,
18 Yityo kuAroni, na kuwo amadoda-
na ake, na kubo bonke abaka Israeli, u
ti kubo, Umuntu wa kwaIsraeli, noma
owezizwe o hleziyo kwa Israeli, o nikela
umnikelo wake wokwetembisa kwake,
noweminikelo yake yesihle, e nikelwa
kuJehova, i be iminikelo yokutyiswa,
19 A no nikela ukuba namkelwe, idu-
na eli nge nacala lezinkomo, noma ele-
zimvu, noma elezimbuzi.
20 Isilwane esi necala ni nga si nikeli,
ngokuba a si yi kwamkelwa kini.
21 Onikela kuJehova umhlatyelo wo-
kutula, ukuba a feze isitembiso, noma
umnikelo wesihle, ezinkomeni, noma
ezimvini, wo pelela ukuba wamkeleke;
u nga bi nacala;
22 Into e impumpute, neapukileyo
ngesito, nelimeleyo, ne nentutumba,
neqhubukile, ne noqweqwe, ni nga nike-
li lezi kuJehova, ni nga zi nikeli zi be
umnikelo womlilo elatini kuJehova.
23 U nga nikela inkomo, noma imvu,
e nesito esidhlulileyo, noma e nesito esi-
ncinyane, i be umnikelo wesihle, kepa
u nge amkelwe uma u ngowesitembiso.
24 Ni nga nikeli kuJehova into eci-
ndezeliweyo, nekandiweyo, neyapuki-
leyo, nenqunyiweyo; ni ngenzi okunje
ezweni lenu.
25 Ni ngamkeli okunje esandhleni so-
wezizwe ukuba ni nikele ukudhla kuka
Jehova; ngokuba konakele, ku nama-
cala; ku nge amkelwe kini.
26 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,
27 Nxa ku zalwa inkomo, noma imvu,
noma imbuzi, a i hlale kunina izinsuku
ezi isikombisa, ko ti ngosuku lwesishi-
yagalombili na ngasemva, kona i ya
kwamkeleka i be umnikelo womlilo ku-
Jehova.
28 Noma ku inkomazi, noma imvuka-
zi, a i nga hlatywa yona nenzalo yayo
ngosuku lunye.
29 Nxa ni hlabela uJehova umhla-
tyelo wokubonga, u hlabeni ukuba na-
mkeleke.
30 A u dhliwe ngalolosukuku; ni nga
shiyi luto ku ze ku se; ngi nguJehova.
31 Ngako gcinani imiyalo yami, ni ye-
nze; ngi nguJehova.
32 Ni nga tuki igama lami; ngi ya ku
ngcweliswa kwabaka Israeli; ngi ngu-
Jehova o ni ngcwelisayo,
33 Owa ni kipa ezweni la sEgipite,
ukuba ngi be uTixo wenu, ngi nguJe-
hova.

## ISAHLUKO 23.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,
2 Yityo kwabaka Israeli, u ti kubo,
Imihlangano ka Jehova'eni ya kuime-
ma i be imikosi engcwele, le i imihla-
ngano yami.
3 Ko setyenzwa izinsuku ezi isitupa;
kepa usuku lwesikombisa lu isabata lo-
kupumula, umkosi ongcwele; ni nga
sebenzi umsebenzi ngalo; ku isabata li-
ka Jehova ezindhlini zonke zenu.
4 Le i imihlangano ka Jehova, umko-
si ongcwele, eni ya kuimema ngezikati
zayo.

5 Ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane kusihlwa ku ipasika.

6 Ngosuku lweshumi nesihlanu lwa leyonyanga ku umhlangano wesinkwa esi nga vutyelwe kuJehova; a no dhla isinkwa esi nga vutyelwe izinsuku ezi isikombisa.

7 Ngosuku lokuqala no ba nomkosi ongcwele; ni nga sebenzi umsebenzi ngalo.

8 Ni nikele kuJehova umnikelo womlilo ku be izinsuku ezi isikombisa; ngosuku lwesikombisa ku umkosi ongcwele; ni nga sebenzi umsebenzi ngalo.

9 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

10 Yityo kwabakaIsraeli, u ti kubo, Nxa ni fika ezweni engi ni nika lona, ni vune amabele alo, kona a no leta kumpristi isitungu solibo lwamabele enu;

11 A si zulise isitungu pambi kuka Jehova ukuba namkelwe; umpristi a si zulise ngosuku olu landela isabata.

12 Ngosuku eni zulisa isitungu ngalo a no nikela inqama e nge nacala, e nomnyaka munye, i be umnikelo wokutyiswa kuJehova.

13 Umnikelo wempupu wawo wo ba okweshumi okubili kweefa lempupu e telwa ngamafuta, u be umnikelo womlilo kuJehova, ku be ipunga elimnandi; nomnikelo wokupuza wawo u be okwesine kwehini lewaini.

14 Ni nga dhli isinkwa, nendhlosa, namabele a kandiweyo, ku nga ka fik[1] lolosuku eni nikela ngalo umnikelo kuTixo wenu; ko ba umteto opakade ezizukulwaneni zenu emizini yonke yenu.

15 A no bala, ni qala ngosuku olu landela isabata, ngosuku eni leta ngalo isitungu somnikelo wokuzuliswa; ko pelela amasabata a isikombisa;

16 Ku ze ku fike usuku olu landela isabata lesikombisa no bala izinsuku ezi mashumi amahlanu; no nikela umnikelo wempupu kuJehova.

17 Ni pume emizini yenu nezinkwa ezimbili zokuzuliswa zokweshumi okubili kweefa; a zi be ezempupu enhle, zi pekwe zi vutyelwe; zi ulibo luka Jehova.

18 Ni nikele kanye nesinkwa izinqama ezi isikombisa ezi nge nacala; ezi nomnyaka munye, netole, nezinqama ezimbili; zi be umnikelo womlilo kuJehova, kanye nomnikelo wazo wempupu, neminikelo yazo yokupuza, umnikelo womlilo, ipunga elimnandi kuJehova.

19 Ni hlabe impongo ya sezimbuzini i be umnikelo wesono, nezinqama ezimbili ezi nomnyaka munye zi be umhlatyelo wokutula.

20 Umpristi a ku zulise kanye nezinkwa zolibo ku be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova; kanye nezinqama; zo ba ngcwele kuJehova, zi be ezompristi.

21 A no mema ngalolosuku ukuba ni be nomkosi ongcwele; ni nga sebenzi umsebenzi ngalo; a ku be umteto opakade emizini yonke yenu ezizukulwaneni zenu.

22 Nxa ni vuna amabele ensimu yenu; u nga vuni u qede emagunjini ensimu yako; u nga kotozi amabele ensimini yako; o wa shiyela abampofu nabezizwe; ngi nguJehova uTixo wenu.

23 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

24 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Ngenyanga yesikombisa, ngosuku lokuqala lwenyanga, a no ba nesabata, isikumbuzo sokwenanela; umkosi ongcwele.

25 Ni nga sebenzi umsebenzi ngalo; a no nikela umnikelo womlilo kuJehova.

26 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

27 Kepa usuku lweshumi lwa lenyanga yesikombisa lu ngusuku lokuhlaula; ko ba umkosi ongcwele kini; a no tobisa imipefumlo yenu, ni nikele umnikelo womlilo kuJehova.

28 Ni nga sebenzi umsebenzi ngalolosuku; ngokuba lu ngusuku lokuhlaula, lokunihlaulela pambi kuka Jehova uTixo wenu.

29 Lowo o nga totyiswa ngalolosuku u ya kunqunwa kwabakubo.

30 Na lowo o sebenza umsebenzi ngalolosuku, ngi ya kumbubisa lowo a nga bi ko kwabakubo.

31 Ni nga sebenzi umsebenzi; ko ba umteto opakade ezizukulwaneni zenu kuyo yonke imizi yenu.

32 Ko ba isabata lokupumula kinina; no tobisa imipefumlo yenu; ngosuku lwesishiyagalolunye lwenyanga, kusihlwa, a no sonta isonto lenu, ku qale kusihlwa ku ze ku buye ku hlwe.

33 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

34 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Ngosuku lweshumi nesihlanu lwa lenyanga yesikombisa ko ba umhlangano wamadokodo kuJehova, ku be izinsuku ezi isikombisa.

35 Ngosuku lokuqala ko ba umkosi ongcwele; ni nga sebenzi umsebenzi.

36 A ku be izinsuku ezi isikombisa

ni nikela kuJehova umnikelo womli-
lo; ngosuku lwesishiyagalombili ko ba
kini umkosi ongcwele; a no nikela ku-
Jehova umnikelo womlilo; ku umhla-
ngano ongcwele; ni nga sebenzi umse-
benzi.
37 Le i imihlangano ka Jehova eni ya
kuimema i be imikosi engcwele, ukuba
ku nikelwe kuJehova umnikelo womli-
lo, umnikelo wokutyiswa, nomnikelo
wempupu, nomhlatyelo, neminikelo yo-
kupuza, ku be ilowo ngosuku lwawo;
38 Ngapandhle kwamasabata ka Je-
hova, na ngapandhle kweminikelo ye-
nu, na ngapandhle kweminikelo yenu
yokwetembisa, na ngapandhle kwemini-
kelo yenu yesihle, eni i nikele kuJehova.
39 Kepa ngosuku lweshumi nesihlanu
lwenyanga yesikombisa, lapo ni sa buta
izitelo zezwe, a no gcina umhlangano ka
Jehova ku be izinsuku ezi isikombisa;
ngosuku lokuqala a ku be isibata na ngo-
suku lwesishiyagalombili ku be isibata.
40 Ngosuku lokuqala a no tabata izite-
lo zemiti ebukekayo, amagatya esundu,
namagatya emiti eyenileyo, neminyeza-
ne yomfula; a ni tokoze pambi kuka
Jehova uTixo wenu izinsuku ezi isiko-
mbisa.
41 Ni u gcine u be umhlangano kaJe-
hova izinsuku ezi isikombisa ngomnya-
ka; ko ba umteto opakade ezizukulwa-
neni zenu; ni u gcine ngenyanga yesi-
kombisa.
42 Ni hlale emadokodweni izinsuku
ezi isikombisa; bonke aba ngabaIsraeli
ngokuzalwa bo hlala emadokodweni;
43 Ukuba izizukulwane zenu zazi uku-
ti ngenza abaka Israeli ukuba ba hlale
emadokodweni, lapo nga ba kipa ezweni
la sEgipite; ngi nguJehova uTixo wenu.
44 uMosi wa ba tyela abaka Israeli
imihlangano ka Jehova.

## ISAHLUKO 24.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,
2 Yityo kwabaka Israeli ukuba ba
lete kuwe amafuta amahle emihlwati
agxotyiweyo a be awesibane, ukuba izi-
bane zi vute njalonjalo.
3 uAroni a li lungise, e qala kusihlwa
ku ze ku se ngapandhle kweveli lomteto-
etabanekeleni lokuhlangana, pambi ku-
ka Jehova njalonjalo; ko ba umteto opa-
kade ezizukulwaneni zenu.
4 A lungise izibane kulo uti lwesibane
esihle pambi kuka Jehova njalonjalo.
5 Tabata impupu enhle, u peke ngayo
izinkwana ezi ishumi nambili; isinkwa-
na sinye si be nokubili kweshumi kwee-
fa.
6 U zi hlele ngezinhla ezimbili; ezi
isitupa zi be kolunye uhla, kulo itebula
elihle pambi kuka Jehova.
7 U beke ilebona elihle ezinhleni zo-
mbili, li be isikumbuzo esinkweni, umni-
kelo womlilo kuJehova.
8 Amasabata ngamasabata a si hlele
pambi kuka Jehova njalonjalo, si vela
kwabaka Israeli ngesivumelwano esipa-
kade.
9 So ba esika Aroni nesamadodana
ake; a ba si dhle endaweni engcwele;
ngokuba si ngcwelengcwele kuye emni-
kelweni yomlilo ka Jehova ngomteto
opakade.
10 Kwa ti indodana yomfazi wa kwa
Israeli, uyise wayo e ngumEgipite, ya ya
kwabaka Israeli; lendodana yomfazi wa
kwa Israeli ya xabana nomIsraeli eka-
mu;
11 Indodana yomfazi wa kwa Israeli
yeisa igama lika Jehova, ya tuka. Ba i
leta kuMosi; (igama lika nina la li ngu-
Shelomiti, indodakazi ka Dibri, wesizwe
sika Dani;)
12 Ba i faka etilongweni ukuba bazi-
swe izwi lika Jehova.
13 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,
14 M kipele ngapandhle kwekamu ye-
na o tukileyo; bonke aba m zwayo a ba
beke izandhla zabo ekanda lake, isizwe
sonke a si m kande ngamatye.
15 Yityo kwabaka Israeli, u ti, O tu-
kayo uTixo wake u ya kuba necala.
16 Oweisa igama lika Jehova ka bu-
lawe impela, isizwe sonke a si m kande
ngamatye impela; noma e ngowezizwe
noma e ngowakini, nxa eisa igama lika
Jehova, ka bulawe.
17 O bulala umuntu ka bulawe impela;
18 O bulala inkomo ka i koke; inkomo
ngenkomo.
19 Nxa umuntu e m limaza owakelene
naye, a kwenziwe kuye njengokwenza
kwake;
20 Ukwapuka ngokwapuka, iso nge-
so, izinyo ngezinyo; njengaloku e lima-
zile umuntu a kwenziwe kuye.
21 O bulala inkomo ka i koke; o bula-
la umuntu ka bulawe.
22 A no ba nomteto munye ngowezi-
zwe na ngowakini; ngokuba ngi ngu-
Jehova uTixo wenu.
23 uMosi wa tyo kwabaka Israeli uku-
ba ba m kipe ekamu otukeleyo, ba m ka-

nde ngamatye. Abaka Israeli benza njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

## ISAHLUKO 25.

UJEHOVA wa tyo kuMosi entabeni ya seSinai, wa ti,
2 Yityo kwabaka Israeli, u ti kubo, Nxa ni fikile ezweni engi ni nika lona, izwe a li m gcinele uJehova isabata.
3 Iminyaka e isitupa wo i lima insimu yako, u tene isivini sako iminyaka e isitupa, u bute izitelo zaso;
4 Kepa umnyaka wesikombisa wo ba isabata lokupumula ezweni, isabata lika Jehova; u nga limi insimu yako, u nga teni isivini sako.
5 Amabele ako a zimilelayo u nga wa vuni, u ngaki amavini esivinini sako esi nga teniwe; ku umnyaka wokupumula ezweni.
6 Isabata lezwe lo ba ukudhla kwako, okwako, nokwesigqili sako, sesilisa nesesifazana, nokwesisebenzi sako, nokowezizwe o hlezi kini,
7 Nokwezinkomo zako, nokwezilwane zako ezi sezweni lako, ukutela konke kwalo ko ba ukudhla.
8 Bala amasabata a isikombisa eminyaka, iminyaka e izikombisa ezi isikombisa izinsuku zamasabata a isikombisa emnyaka zo ba iminyaka e ngamashumi amane nesishiyagalolunye.
9 Ko tyaya itilongo lejubile ngosuku lweshumi lwenyanga yesikombisa, ngosuku lokuhlaula wo tyaya itilongo ezweni lonke lenu.
10 A no ngcwelisa umnyaka wamashumi a isihlanu, ni memezele ukukululeka ezweni kubo bonke abantu balo; wo ba owokujabula kini; ni ya kubuya ku be ilowo a buyele ezweni lake, ni buyele, ku be ilowo a buyele kwabakubo.
11 Lomnyaka wamashumi amahlanu wo ba owokujabula kini; ni nga limi, ni nga vuni okuzimilelayo ngawo, ni nga ki amavini awo esivini esi nga teniwe;
12 Ngokuba u ngowokujabula; wo ba ngcwele kini; ni ya kudhla izitelo zawo za sensimini.
13 Ngomnyaka wa lokukujabula ni ya kubuya, ku be ilowo a buyele ezweni lake.
14 Nxa u tengisa ngezwe kowakelene nawe, noma u tenga izwe kowakelene nawe, ni nga dhlani;
15 Ngokuma kweminyaka emva kowokujabula wo li tenga kowakelene nawe, na ngokuma kweminyaka yokutela ka tengise ngalo kuwe:
16 Ngobuningi beminyaka wo yandisa imali yalo, na ngobuncinyane beminyaka wo ncipisa imali yalo; ngokuba ngobuningi beminyaka yokutela u ya, ku linganisela intengo yalo.
17 A ni nga dhlani; yesaba uTixo wako; ngokuba ngi nguJehova uTixo wenu.
18 A no yenza imiteto yami, ni gcine imiyalo yami, ni yenze; kona ni ya kuhlala kahle ezweni.
19 Izwe li ya kutela izitelo zalo; ni ya kudhla ni sute, ni hlale kahle kulo.
20 Nxa ni ti, Si ya kudhlani ngomnyaka wesikombisa? loku si nga limi, si nga vuni ukudhla kwetu.
21 Kona ngi ya kunenzela inhlanhla ngomnyaka wesitupa, u ze u tele ukudhla kweminyaka emitatu.
22 Ni ya kulima ngomnyaka wesishiyagalombili, ni dhle ukudhla okudala ku ze ku fike umnyaka wesishiyagalolunye; ku ze ku fike izitelo zawo ni ya kudhla okudala.
23 A ku nga tengiswa ngezwe li nqamuke; izwe elami; ni ngabezizwe nabahambileyo kimi.
24 Ezweni lonke lenu a no vumela ukuba izwe li hlengwe.
25 Uma umfo wenu e mpofu, e tengisile ngezwe lake, owakubo eze ukulihlenga, ka li hlenge lona a tengisa ngalo umfo wabo.
26 Nxa e nga namuntu wokulihlenga, uma e tola amandhla okulihlenga,
27 Ka bale iminyaka iloku kwa tengiswa ngalo, a buyisele okudhlulayo kuyena a tengisa ngalo kuye; ukuba a buyele ezweni lake.
28 Kepa uma e nga toli amandhla okubuyisela intengo kuye, kona izwe a tengisa ngalo li ya kuhlala kuye owa li tengayo ku ze ku fike umnyaka wokujabula; ngomnyaka wokujabula li ya kupuma, wo buyela ezweni lake.
29 Nxa umuntu e tengisa ngendhlu emzini o biyelwe ngodonga, a nga i hlenga ku nga ka peli umnyaka iloku wa tengisa ngayo; a nga i hlenga ku nga ka peli izinsuku.
30 Kepa uma u pela umnyaka i nga ka hlengwa, kona leyondhlu e semzini o biyelwe ngodonga i ya kuba eyake owa i tengayo njalonjalo ezizukulwaneni zake; i nga pumi ngomnyaka wokujabula.

31 Kepa izindhlu zemizana e nga biyelwe ngodonga a zi be njengezwe; zi nga hlengwa, zo puma ngomnyaka wokujabula.
32 Kodwa imizi yabaLevi, izindhlu zemizi yefa labo, abaLevi ba nga zi hlenga ngezikati zonke.
33 Uma umuntu e tenga kowabaLevi, indhlu a tengisa ngayo, e semzini wefa lake, yo puma ngomnyaka wokujabula; ngokuba izindhlu zemizi yaba-Levi zi ifa labo pakati kwabaka Israeli.
34 Kepa izwe eli nga semizini yabo a ku nga tengiswa ngalo; ngokuba li ifa labo njalo.
35 Uma umfo wenu e ba mpofu, a pele amandhla e kini, wo m qinisa njengowezizwe, nohambileyo, ukuba a hlale nawe.
36 U nga tabati kuye inzuzo, nesandiso; kepa yesaba uTixo wako, ukuba umfo wenu a hlale nawe.
37 U nga m niki imali yako ngenzuzo, u nga m niki ukudhla kwako ngesandiso.
38 Ngi nguJehova uTixo wenu, owa ni kipa ezweni la sEgipite, ukuba ngi ni nike izwe la seKenani ngi be uTixo wenu.
39 Nxa umfo wenu o kuwe e ba mpofu, ku tengiswe ngaye kuwe, u nga m sebenzisi okwesigqili;
40 Ka be kuwe njengesisebenzi, nohambileyo, a sebenze kuwe ku ze ku fike umnyaka wokujabula;
41 Kona u ya kupuma kuwe, yena nabantwana bake, a buyele kwabakubo, a buyele ezweni la oyise.
42 Ngokuba ba izinceku zami, enga ba kipa ezweni la sEgipite; a ku nga tengiswa ngabo njengokutengiswa kwezigqili.
43 U nga m busi ngonya; yesaba uTixo wako.
44 Izigqili zesilisa nezesifazana o ya kuba nazo, wo zi tabata kwabezizwe aba hleziyo nani; izigqili zesilisa nezesifazana, no zi tenga kubona.
45 Na kubantwana babezizwe aba hlezi kini, ni nga tenga kubo, na kwabakubo aba kini, aba ba zala ezweni lenu; bo ba imfuyo yenu.
46 Ba ya kuba ifa lenu nelabantwana benu emva kwenu, ukuba ba be imfuyo yabo; ba ya kuba izigqili zenu ku ze ku be pakade; kepa abafo wenu, abaka Israeli ni nga ba busi ngonya.
47 Uma owezizwe, noma ohleziyo, e fuyile kini, kepa umfo wenu owakelene naye e ba mpofu, a zitengise kowezizwe, noma kohleziyo kini, noma kowakubo wezizwe;
48 Emva kokuzitengisa kwake a nga buya a hlengwe; umfo wabo a nga m hlenga;
49 A nga m hlenga noma e uyisekazi, noma e indodana ka yisekazi, noma e ngowenzalo yake, owakubo; noma e tola amandhla a nga zihlenga.
50 Ka bale naye owa m tengayo, e qala ngomnyaka a zitengisa ngawo ku ze ku be umnyaka wokujabula; imali yentengo yake i ya kulinganiswa ngokuma kweminyaka; njengesikati sesisebenzi, ko ba njalo kuye.
51 Uma ku sa sele iminyaka eminingi, ka linganise ngayo imali yokuhlengwa kwake, a i buyise emalini yentengo yake.
52 Uma ku sa sele iminyaka e incozana ku ze ku fike umnyaka wokujabula, ka bale naye, a buyise imali yokuhlengwa kwake, a i linganise ngeminyaka yake.
53 Ka hlale kuye njengokokelwayo ngomnyaka; a nga m busi ngonya pambi kwako.
54 Uma e nga hlengwa ngaloku, wo puma ngomnyaka wokujabula, yena nabantwana bake.
55 Ngokuba abaka Israeli be izinceku zami, ba izinceku zami, enga zi kipa ezweni la sEgipite; ngi nguJehova uTixo wenu.

## ISAHLUKO 26.

NI nga zenzeli otixo, noma umfanekiso obaziweyo; ni nga zimiseli isitombe, ni nga beki isitombe setye ezweni lenu ukuba ni kuleke kuso; ngokuba ngi nguJehova uTixo wenu.
2 A no gcina amasabata ami; ni hlonipe indawo engcwele yami; ngi ngu-Jehova.
3 Uma ni hamba ngemiteto yami, ni gcine imiyalo yami, ni yenze;
4 Kona ngi ya kuninika imvula ngesikati sayo; izwe li ya kutela ukudhla kwalo, nemiti ya sendhle i ya kutela isitelo sayo.
5 Ukubula kwenu ku ya kufinyelela ekuvunweni kwamavini, ukuvunwa kwamavini ku ya kufinyelela esikatini sokulima; ni ya kudhla ukudhla kwenu, nesute, ni hlale kahle ezweni.
6 Ngi ya kunika ukutula ezweni, ni

ya kulala ni ngesatyiswa muntu, ngi ya
kuqeda izilo ezibi ezweni, inkemba i nga
dhluli ezweni lenu.
7 Ni ya kuxotya izita zenu, zi ya kuwa
ngenkemba.
8 Abahlanu kini ba ya kuxotya ikulu,
naba ikulu ba kini ba ya kuxotya izi-
nkulungwane ezi ishumi; izita zenu zi
ya kuwa pambi kwenu ngenkemba.
9 Ngokuba ngi ya kunibheka ngi ni
zalise, ngi nandise, ngi mise isivume-
lwano sami nani.
10 Ni ya kudhla okudala, okomileyo,
ni ze ni kipe okudala ngenxa yokutya.
11 Ngi ya kumisa itabauekele lami pa-
kati kwenu; umpefumlo wami a u yi
kunengwa ini.
12 Ngi ya kuhamba pakati kwenu, ngi
be uTixo wenu, ni be abantu bami.
13 Ngi nguJehova uTixo wenu, owa ni
kipa ezweni la sEgipite, ukuba ni nga
bi izigqili zabo; ngapula amajokwe enu,
ngenza ukuba ni hambe ngokululama.
14 Kodwa uma ni nga ngi laleli, ni
ngenzi lemiyalo yonke;
15 Uma ni delela imiteto yami, uma
umpefumlo wenu u nengwa izahlulo za-
mi, ni ze ni ngenzi yonke imiyalo yami;
napule isivumelwano sami;
16 Nami ngi ya kwenza loku kini;
ngi ya kunehlisela ukwesaba nokudhle-
ka, nomkuhlane; ku ya kuqeda amehlo,
kwenze umpefumlo u pele amandhla;
imbeu yenu ni ya kuihlwanyelela ize,
ngokuba izita zenu zi ya kuidhla.
17 Ngi ya kunibheka, ni ya kubulawa
pambi kwezita zenu; aba ni zondayo ba
ya kunibusa; ni ya kubaleka noma ni
nga xotywa muntu.
18 Kepa uma ni nga ngi laleli na ma-
nje, ngi ya kubuya ngi ni tyaye kako-
mbisa ngezono zenu.
19 Ngi ya kwapula ukuzidhla kwama-
ndhla enu; ngi ya kwenza izulu lenu li
be njengensimbi, nomhlabati wenu u be
njengetusi;
20 Amandhla enu a ya kupela ngeze;
izwe lenu a li yi kutela ukudhla kwalo;
nemiti yezwe a i yi kutela izitelo zayo.
21 Uma ni pambana nami, ni nga ngi
ngi laleli; ngi ya kubuya ngi nehlisele
izinsizi zi pindwe kakombisa njengezo-
no zenu.
22 Ngi ya kutuma pakati kwenu izilo
za sendhle, ezi ya kunamuka abantwa-
na benu, zi bulale izinkomo zenu, zi ni
ncipise; a zi yi kuhanjwa izindhlela
zenu.
23 Uma ni nga lulekwa imi ngaloku,
ni sa pambana nami;
24 Kona nami ngi ya kupambana na-
ni, ngi ni tyaye kakombisa ngezono zenu.
25 Ngi ya kunehlisela inkemba, e ya
kupindisela isivumelwano sami; lapo
se ni butene emizini yenu ngi ya kutu-
ma isifo pakati kwenu; ni ya kunike-
lwa esandhleni sezita zenu.
26 Lapo se ngapulile udondolo lwesi-
nkwa senu, abafazi aba ishumi ba ya ku-
peka isinkwa senu eziko linye; ba bu-
yise isinkwa senu ngokulinganisa; ni
ya kudhla, ni nga suti.
27 Uma ni nga ngi laleli ngaloku, ni
sa pambana nami;
28 Kona ngi ya kupambana nani ngo-
laka; ngi ya kubuya ngi ni tyaye kako-
mbisa ngezono zenu.
29 Ni ya kudhla imizimba yamadoda-
na enu, nemizimba yamadodakasi enu ni
ya kuidhla.
30 Ngi ya kucita izindawo zenu ezipa-
kemeyo, ngi gaule izitombe zenu, ngi
lahle izidumbu zenu ezidunjini zotixo
benu; umpefumlo wami u ya kunengwa
ini.
31 Ngi ya kucita imizi yenu, ngi qede
okungcwele kwenu, a ngi yi kuhogela
ipunga lenu elimnandi.
32 Ngi ya kucita izwe; izita zenu ezi
hlala kulo zi ya kumangala ngako.
33 Ngi ya kunihlakazela ezizweni, ngi
kipele inkemba emva kwenu, izwe lenu
li ya kuciteka, nemizi yenu i ya kuqe-
dwa.
34 Kona izwe li ya kutokoza ngamasa-
bata alo izinsuku zonke eli hlezi li cite-
kile ngazo, ni se kona ezweni lezita ze-
nu; kona izwe li ya kupumula, li tokoze
ngamasabata alo.
35 Izinsuku zonke eli hlezi li citekile
ngazo li ya kupumula, ngokuba li nga
pumulanga ngamasabata enu, nxa ni sa
hlezi kulo.
36 Kwabaseleyo ba kini ngi ya kwe-
hlisela ukututumela ezinhliziyweni zabo
be semazweni ezita zabo; ba ya kuxo-
tywa umsindo weqabunga eli zanyaza-
nyiswayo, ba baleke ngokungati ba ba-
lekele inkemba, ba we be nga xotywa
muntu.
37 Ba ya kuwa, omunye pezu komu-
nye okungati pambi kwenkemba, be nga
xotywa muntu; a ni yi kuba nakuma
pambi kwezita zenu.
38 Ni ya kububa kwabezizwe, ni ya
kudhliwa izwe lezita zenu.

39 Abaseleyo ba kini ba ya kupela ngokona kwabo emazweni ezita zenu, na ngokona kwa oyise babo ba ya kupela ngako.

40 Uma be vuma ukona kwabo nokona kwa oyise, namacala abo aba wenzileyo kimi, nokuti ba pambene nami,

41 Nokuti nami ngi pambene nabo, nga ba yisa ezweni lezita zabo; uma izinhliziyo zabo ezi nga sokile zi tobeka, uma be tokoza ngokutyaywa kwabo.

42 Kona ngi ya kukumbula isivumelwano sami noJakobe, nesivumelwano sami noIsaka, nesivumelwano sami no-Abrahama, ngi kumbule nezwe.

43 Izwe li ya kushiywa ibo, li tokoze ngamasabata alo, li sa hlezi li citekile, be nge ko kulo; ba ya kutokoza ngokutyaywa kwabo; ngokuba, yebo, ngokuba be delela iminyalo yami, na ngokuba umpefumlo wabo wa nengwa imiteto yami.

44 Kodwa noma kunjalo, se be kona ezweni lezita zabo; a ngi yi kubadela, a ngi yi kunengwa ibo, ngi ze ngi ba qede, ngapule isivumelwano sami nabo; ngokuba ngi nguJehova uTixo wabo.

45 Kepa ngenxa yabo ngi ya kukumbula isivumelwano sa okoko babo, enga ba kipa ezweni la sEgipite emehlweni abezizwe, ukuba ngi be uTixo wabo; ngi nguJehova.

46 Lezi zi izimiso, nemiyalo, nemiteto, a yenzayo uJehova pakati kwake nabakaIsraeli entabeni ya seSinai ngaye uMosi.

## ISAHLUKO 27.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,

2 Yityo kwabaka Israeli, u ti kubo, Nxa umuntu e tembisa ngesitembiso esitile, imipefumlo yo ba eka Jehova ngokulinganisa.

3 Ukulinganiswa kowesilisa o neminyaka emashumi amabili ku ze ku be emashumi a isitupa, ukulinganiswa ko ba amashekeli esiliva a ngamashumi a isihlanu, ngeshekeli lendawo engcwele.

4 Uma ku ngowesifazana ukulinganiswa ko ba amashekeli amashumi amatatu.

5 Uma e neminyaka emihlanu ku ze kube emashumi amabili, ukulinganiswa kowesilisa ko ba amashekeli amashumi amabili, okowesifazana ko ba amashekeli a ishumi.

6 Uma e nenyanga ku ze ku be iminyaka e isihlanu, ukulinganiswa kowesilisa ko ba amashekeli a isihlanu esiliva okowesifazana ko ba amashekeli amatatu esiliva.

7 Uma e neminyaka emashumi a isitupa nedhlulayo, uma ku ngowesilisa, ukulinganiswa kwake ko ba amashekeli a ishumi nesihlanu, nokowesifazana ko ba amashekeli a ishumi.

8 Kodwa uma e mpofu, e nge nakutela a kulinganiselweyo, a keze kumpristi, umpristi ka m linganisele; umpristi ka m linganisele ngokwamandhla ake owetembisayo.

9 Uma ku izilwane ezi nga nikelwa kuJehova, zonke lezi ezinikelwa umuntu kuJehova zo ba ngcwele.

10 Ka nga zi guquli, ka nga zenani ngezinye, esihle ngesibi, esibi ngesihle; uma enana isilwane ngesilwane, sona naso okwenanwa ngaso zo ba ngcwele.

11 Uma ku isilwane esingcolileyo, esi nge nikelwe kuJehova, ka si lete isilwane kumpristi;

12 Umpristi ka si linganise, noma sihle noma sibi; so ba ngokulinganisa kompristi.

13 Kepa uma e si hlenga ka kwengezele okwesihlanu kwaso kuso isilinganiso.

14 Nxa umuntu e ngcwelisa indhlu yake i be ngcwele kuJehova, umpristi ka i linganise, noma inhle noma imbi; yo ma ngokulinganisa kompristi.

15 Uma o i ngcwelisayo e hlenga indhlu yake, ka kwengezele kuyo okwesihlanu kwemali yesilinganiso, yo ba eyake.

16 Uma umuntu e ngcwelisa kuJehova inxenye yezwe lefa lake, ko linganiswa ngembeu yalo; ihomeri lembeu yebarle a li be ngokulinganiswa amashekeli amashumi amahlanu esiliva.

17 Uma e ngcwelisa izwe lake ngomnyaka wokujabula, ka li me ngesilinganiso.

18 Kepa uma e ngcwelisa izwe lake emva komnyaka wokujabula, umpristi ka m linganisele imali ngeminyaka eseleyo ku ze ku fike umnyaka wokujabula, ko ncityiswa isilinganiso.

19 Uma owa ngcwelisayo izwe e li hlenga ka kwengezele kulo okwesihlanu kwemali yesilinganiso, lo hlala li be elake.

20 Uma e nga hlengi izwe, noma e tengisa ngezwe komunye, a li sa yi kuhlengwa.

21 Izwe, ekupumeni kwalo ngomnya-

ka wokutokoza, lo ba ngcwele kuJehova,
njengezwe eli ngcweliswayo; li ya ku-
dhliwa umpristi.
22 Uma umuntu e ngcwelisa kuJehova
izwe a li tengileyo, eli nge silo izwe lefa
lake,
23 Umpristi ka tyo kuye imali yesili-
nganiso ku ze ku fike umnyaka woku-
jabula; ka nike isilinganiso ngalolosu-
ku, si be ngcwele kuJehova.
24 Ngomnyaka wokujabula izwe li ya
kubuyela kuyena ela tengwa kuye, ku-
yena owa li dhlayo ifa lezwe.
25 Ukulinganisa konke ko ba ngeshe-
keli lendawo engcwele; amagira ama-
shumi amabili a ishekeli.
26 Kepa izibulo lesilwane, li izibulo
lika Jehova, a li nga ngcweliswa mu-
ntu; noma li inkomo, noma li imvu, li
nge lika Jehova.
27 Uma ku isilwane esingcolileyo, ka
si kulule ngesilinganiso, a kwengezele
kuso okwesihlanu kwaso; uma si nga
hlengwa, a ku tengwe ngaso ngesilinga-
niso.
28 Kodwa a i ko into enikelweyo,
umuntu a i nikelayo kuJehova, kuko
konke a nako, noma kubantu, noma
ezilwaneni, noma ezweni lefa lake, oku
nga tengiswa ngayo, i hlengwe; konke
okunikelwayo ku ngcwelengcwele ku-
Jehova.
29 A ku ko umuntu o nikelwayo
o nga kululwa; u ya kubulawa impe-
la.
30 Nokweshumi konke kwezwe, noma
ku imbeu, noma ku izitelo zemiti, ku
ngokuka Jehova; ku ingcwele kuJe-
hova.
31 Uma umuntu e hlenga okweshumi
kwake, ka kwengezele kuko okwesihla-
nu kwako.
32 Nako konke okweshumi kwezinko-
mo nokwezimvu, konke oku dhlula pa-
nsi kwentonga, okweshumi ko ba
ngcwele kuJehova.
33 Ka nga hloli ukuba kuhle, nokuba
kubi; ka nga kwenani ngokunye; uma
e kwenana ngokunye, loko naloko a
kwenana ngako ko ba ngcwele; a ku
nga hlengwa.
34 Le i imiyalo, uJehova a i yalela
uMosi ngabaka Israeli entabeni ya se-
Sinai.

---

INCWADI YESINI KA MOSI E TIWA

# IMIBALO.

## ISAHLUKO 1.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi ehlane
laseSinai e setabanekeleni lenhla-
ngano ngosuku lokuqala, lwenyanga ye-
sibili, ngomnyaka wesibili se be kupu-
kile, ezweni lasEgipite, e ti,
2 Bala umumo wenhlangano yonke
yabakwa Israeli, ngemindeni yabo,
ngezindhlu za oyise, umumo wamaga-
ma abo isilisa sonke ngezinhloko zaso.
3 Ku qale kwa ba neminyaka ema-
shumi mabili naba ne ngapezulu, bonke
aba nga ya empini ba kwa Israeli: wena
noAroni no ba bala ngezimpi zabo.
4 Ko ba kona kini indoda ezizweni
zonke, ku be ilowo a be inhloko endhli-
ni ka yise.
5 Lawa a ngamagama amadoda a ya
kuma nani; *esizweni* sakwa Rubeni, u
Elizuri indodana ka Shaduri.
6 Kwa Simeoni, uShalumieli, indoda-
na ka Zurishadi.
7 Kwa Juda, uNashoni indodana ka
Aminadabi.
8 Kwa Isakari, uNataneli indodana
ka Zuari.
9 Kwa Zebuloni, uEliabi indodana ka
Heloni.
10 Kubantwana ba ka Josefa, kwa
Efraimi, uElishama indodana ka Ami-
hudi: kwa Manasa uGamalieli indoda-
na ka Pedazuri.
11 Kwa Benjamini, uAbidani indoda-
na ka Gideoni.
12 Kwa Dani, uAhieza indodana ka
Amishadai.
13 Kwa Asheri, uPagieli indodana ka
Okrani.
14 Kwa Gadi, uEliasafu indodana ka
Deueli.
15 Kwa Naftali, uAhira indodana ka
Enani.
16 Laba ba be abadumileyo benhla-
ngano, amakosi ezizwe za oyise, ababusi

pezu kwezinkulungwane za kwa Israeli.

17 oMosi noAroni ba tata lamadoda a tyiwo ngamagama awo.

18 Bona ba hlanganisa ibandhla lonke, ngosuku lokuqala lwenyanga yesibili, ba tyo okoko babo ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise njengomumo wamagama abo ku suke kwa ba neminyaka emashumi mabili, naba ne ngapezulu, ngezinhloko zabo.

19 Njengokutyo kuka Jehova ku Mosi wa ba bala ehlane lase Sinai.

20 Aba kwa Rubeni izibulo lika Israeli ngezizukulwana zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo, ngezinhloko zabo, abesilisa bonke kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu, bonke aba be nga ya empini.

21 Labo ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Rubeni ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nesitupa namakukulu a isihlanu.

22 Kwa ba kwa Simeoni ngezizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise, labo ababalwayo kubo njengomumo wamagama abo, ngezinhloko zabo, abesilisa bonke ku qala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

23 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Simeoni, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nesishiyagalombili namakulu amatatu.

24 Kwa ba kwa Gadi, ngezizukulwane zabo, ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise, njengomumo wamagama abo, kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili bonke aba be nga ya empini.

25 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Gadi, ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nesihlanu namakulu a isitupa namashumi a isihlanu.

26 Kwa ba kwa Juda, ngezizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise, njengomumo wamagama abo kuqala, kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke ba be nga ya empini.

27 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Juda, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isitupa nane namakulu a isitupa.

28 Kwa ba kwa Isakari ngezizukulwane zabo ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo kuqala, kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

29 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Isakari, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nane namakulu amane.

30 Kwa ba kwa Zebuloni, ngezizukulwana zabo ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo, kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be ya empini:

31 Laba ababalwayo besizwe sa kwa Zebuloni ba be izinkulungwane ezi amashumi a isikombisa nesikombisa namakulu amane.

32 Kwa ba kwa Josefa, o ku ukuti kwa ba kwa Efraimi ngezizukulwana zabo, ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo ku qala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini;

33 Labo ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Efraimi, ba be izinkulungwane ezi amashumi amane namakulu a isihlanu.

34 Kwa ba kwa Manasa, ngezizukulwana zabo, ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo kuqala kwa ba be neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

35 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Manasa ba be izinkulungwane ezi amashumi amatatu nambili namakulu amabili.

36 Kwa ba kwa Benjamini, ngezizukulwana zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

37 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Benjamini, ba be izinkulungwane ezi amashumi amatatu nesihlanu namakulu amane.

38 Kwa ba kwa Dani, ngezizukulwana zabo ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo, ku qala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be ya empini.

39 Labo ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Dani, ba be izinkulugwane ezi amashumi a isitupa nambili namakulu a isikombisa.

40 Kwa ba kwa Asheri ngezizukulwana zabo ngemindeni yabo ngendhlu ya

oyise njengomumo wamagama abo kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu, bonke aba be nga ya empini.

41 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Asheri, ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nanye namakulu a isihlanu.

42 Kwa ba kwa Naftali, ngezizukulwana zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

43 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Naftali, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nantatu namakulu amane.

44 Laba i labo aba balwa uMosi no-Aroni nabakulu ba kwa Israeli, amadoda a ishumi nambili ku i leyo i mele indhlu ya oyise.

45 Njaloke bonke laba ababalwayo kwa ba kwa Israeli, ngendhlu ya oyise, ku qala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

46 Bonke ababalwayo ba be izinkulungwane ezi amakulu a isitupa nantatu namakulu a isihlanu namashumi a isihlanu.

47 Kodwa abaLevi, ngesizwe sa oyise a ba balwanga pakati kwabo,

48 Ngokuba uJehova wa be e tyilo ku Mosi, ukuti,

49 A wu yi kubala isizwe sa kwa Levi, u nga wu bali umumo waso pakati kwa ba kwa Israeli.

50 U ya kuba misela abaLevi itabanekele lemiteto nezitya zonke zalo, nezinto zonke zalo; ba ya kulitwala nazo zonke izitya zalo; ba li konze, ba ya kumisa ba li haqe itabanekele.

51 Ekusukeni kwetabanekele abaLevi ba ya kulisusa, ekumisweni kwalo li ya kumiswa abaLevi. O wezizwe o sondelayo u ya kubulawa.

52 Abakwa Israeli ba ya kumisa amatente abo, ku be i lowo kwa ba kubo, ku be i lowo ngesibonakaliso sakubo ngamabandhla abo.

53 Kodwa abaLevi ba ya kumisa ba haqe itabanekele lemiteto ukuba ku nga bi ko ulaka ebandhleni laba kwa Israeli, AbaLevi ba ya kugcina itabanekele lemiteto.

54 Abakwa Israeli benza njengako konke uJehova a kutyo kuMosi, benze njalo.

## ISAHLUKO 2.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi noAroni e ti,

2 Abakwa Israeli ba ya kumisa amatente abo ku be ilowo kwa ba kubo ngesibonakaliso sendhlu ya oyise; ba ya kumisa kude netabanekele lenhlangano.

3 Nga sempumalanga ekupumeni kwelanga ku ya kuti abe isibonakaliso sekamu la kwa Juda ba mise ngezimpi zabo, uNashoni indodana ka Aminadabi, u ya kuba induna ya ba kwa Juda.

4 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isikombisa nane namakulu a isitupa.

5 Nalaba aba ya kumisa ba landela bona isizwe sa kwa Isakari, uNataneli indodana ka Zuari, u ya kuba induna yaba kwa Isakari.

6 Nebandhla lake, nalaba ababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi amashumi amahlanu nane namakulu amane.

7 Kwa landela isizwe sa kwa Zebuloni uEliabi indodana ka Heloni u ya kuba induna yaba kwa Zebuloni.

8 Ibandhla lake, nalaba ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nesikombisa namakulu amane.

9 Bonke ababalwayo ekamu la kwa Juda ba be izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishiyagalombili nesitupa namakulu amane ngezimpi zabo. Laba ba ya kuma kuqala.

10 Ngaseningizimu ku ya kuba isibonakaliso sekamu la kwa Rubeni ngezimpi zabo. Induna ya ba kwa Rubeni i ya kuba u Elizuri indodana ka Shaduri.

11 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nesitupa namakulu a isihlanu.

12 Nalabo aba ya kumisa ba landela bona isizwe sa kwa Simeoni; induna ya ba kwa Simeoni, i ya kuba u Shalumieli indodana ka Zurishadi.

13 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nesishiyagalombili namakulu amatatu.

14 Ku landele isizwe sa kwa Gadi: induna ya ba kwa Gadi i ya kuba uEliasafu indodana ka Rueli.

15 Ibandhla lake nalabo ababalwayo

kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nesihlanu namakulu a isitupa namashumi a isihlanu.

16 Bonke ababalwayo ekamu la kwa Rubeni ba be izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isihlanu nanye namakulu amane namashumi a isihlanu, ngezimpi zabo; bona ba ya kupuma, ba be iviyo lesibili.

17 Be se ku puma itabanekele lenhlangano kanye nekamu labaLevi pakati kwamakamu. Ba ya kupuma bonke, ku be ilowo endaweni yake ngezibonakaliso zakubo, njengokumisa kwabo.

18 Ngasentyonalanga ku ya kuba isibonakaliso sekamu la kwa Efraimi njengezimpi zabo. Induna yaba kwa Efraimi i ya kuba uElishama indodana ka Amihudi.

19 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amane namakulu a isihlanu.

20 Ku landele isizwe sa kwa Manasa. Induna yaba kwa Manasa i ya kuba uGamalieli, indodana ka Pedazuri.

21 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amatatu namakulu amabili.

22 Ku landele isizwe sa kwa Benjamini. Induna ya ba kwa Benjamini i ya kuba uAbidani indodana ka Gideoni.

23 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amatatu nesihlanu namakulu amane,

24 Bonke ababalwayo ekamu la kwa Efraimi, ba be izinkulungane ezi ikulu nesishiyagalombili nekulu ngezimpi zabo. Bona ba ya kupuma ba be iviyo lesitatu.

25 Isibonakaliso sekamu la kwa Dani, si ya kuba ngasenyakato ngezimpi zabo: Induna ya kwa Dani i ya kuba uAhieza indodana ka Amishadai.

26 Ibandhla lake, nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi a isitupa nesibili namakulu a isikombisa.

27 Nabo aba ya kumisa ba landele, isizwe sa kwa Asheri: Induna yaba kwa Asheri i ya kuba uPagieli indodana ka Okrani.

28 Ibandhla lake, nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nanye namakulu a isihlanu.

29 Ku landele isizwe sa kwa Naftali. Induna yaba kwa Naftali i ya kuba uAhira indodana ka Enani.

30 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nantatu namakulu amane.

31 Bonke ababalwayo ekamu la kwa Dani ba be izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isihlanu nesikombisa namakulu a isitupa; Ba ya kupuma ngasemva nezibonakaliso zabo.

32 Laba i labo ababalwayo ba kwa Israeli ngendhlu ya oyise: bonke ababalwayo bamakamu emabandhleni abo ba be izinkulungwane ezi amakulu a isitupa nantatu namakulu a isihlanu namashumi a isihlanu.

33 Kodwa abaLevi ababalwanga pakati kwa ba kwa Israeli njengokutyo kuka Jehova ku Mosi.

34 Aba kwa Israeli benza njengako konke uTixo a ku tyo ku Mosi; bemisa njengezibonakaliso zakubo, ba puma kanjalo, kwaba ilowo ngemindeni yakubo njengendhlu ya oyise.

## ISAHLUKO 3.

LEZI zi izizukulwane za oAroni noMosi ngosuku uJehova a kuluma ngalo noMosi e sentabeni ya seSinai.

2 Lawa amagama amadodana ka Aroni, uNadabi izibulo, noAbihu, noEleazari noItamari.

3 Lawa a amagama amadodana ka Aroni abapristi aba gcotywayo abazandhla zabo zi gcwalisa ukukonza.

4 uNadabi noAbihu ba fa pambi kuka Jehova, lapa ba nikela umlilo ongalungile pambi kuka Jehova ehlane lase Sinai, ba be nge nabantwana. oEleazari noItamari ba konza ebusweni buka Aroni uyise.

5 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti,

6 Sondeza isizwe sikaLevi u si mise pambi kuka Aroni umpristi ukuba si m konze.

7 Bona ba ya kumgcinela ba gcinele nebandhla lonke pambi kwetabanekele lenhlangano ukukonza enkonzweni yetabanekele.

8 Ba ya kugcina yonke impahla yetabanekele lenhlangano nokwa baka Israeli ukukonza enkonzweni yetabanekele.

9 U ya kuba nikela abaLevi kuAroni na kumadodana ake; ba ya nikelwa impela kuye pakati kwa ba Israeli.

10 U ya kumisa uAroni namadodana ake, bona ba ya kugcina inkonzo yobupristi, o wezizwe o sondelayo wo bulawa.

11 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti,
12 Mina, bheka ngi kipile abaLevi pakati kwa ba kwa Israeli endaweni yamazibulo onke a zityulwa aba kwa Israeli: ngako abaLevi ba ya kuba abami.
13 Ngokuba onke amazibulo a wami: ngosuku e nga tyaya ngalo onke amazibulo ezweni laseEgipite nga za hlukanisela onke amazibulo a kwaIsraeli abantu na wezilwane; a za kuba a wami, ngi uJehova.
14 uJehova wa kuluma kuMosi e sehlane lase Sinai e ti,
15 Bala aba kwa Levi ngendhlu ya oyise; ngemindeni yabo, bonke abesilisa: ku qala kwa ba nenyanga ngobudala, naba nga pezulu u ya ku ba bala.
16 uMosi wa ba bala, njengezwi lika Jehova, njengokuyalwa kwake.
17 Laba ba be amadodana ka Levi ngamagama abo, uGershoni noKohati noMerari.
18 Lawa a ngamagama amadodana ka Gershoni ngemindeni yabo, uLibni no-Shimi.
19 Namadodana ka Kohati ngemindeni yawo uAmramu noIzhari noHebroni no Uzieli.
20 Namadodana ka Merari ngemindeni yawo; uMahli noMushi. Le imindeni ya kwa Levi, ngendhlu ya oyise.
21 Kwa Gershoni, kwa vela umdeni waba Libni nomdeni wamaShimi: Le imindeni yamaGershoni.
22 Labo ababalwayo kubo njengomumo wabesilisa ku qala kwa ba nenyanga ngobudala naba nga pezulu, ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isihlanu.
23 Imindeni ya kwa Gershoni i ya kumisa ngasemva kwetabanekele ngasentyonalanga.
24 Induna yendhlu ka yise wamaGershoni i ya kuba uEliasafu indodana ka Laeli.
25 Okwa gcinwa ngawo amadodana ka Gershoni etabanekeleni lenhlangano, kwa ba itabanekele, netente loku li mboza, nesipanyiso somnyango wetabanekele lenhlangano.
26 Nezipanyiso zebala, nesipanyiso somnyango webala, esi nga setabanekeleni na nga selatini, nezintambo zaso kuyo yonke inkonzo yalo.
27 Kwa Kohati kwa vela umndeni wamaAmrami nomndeni wamaIzahari nomndeni wamaHebroni nomndeni wamaUzieli: Le imindeni ya kwa Kohari.
28 Emumweni wabesilisa bonke kuqala kwa ba nenyanga ngobudala naba nga pezulu ba be izinkulungwane ezi isishiyagalombili namakulu a isitupa abokugcina itabanekele.
29 Imindeni yaba kwa Kohati i ya kumisa ecaleni letabanekele eli ngaseningizimu.
30 Induna yendhlu ka yise wemindeni ka Kohati i ya kuba uElizafani indodana ka Uzieli.
31 Okogcinwa ibo ko ba umpongolo netafula, noti lwesibani, namalati nezitya zetabanekele aba konza ngazo nesipanyiso nako konke okwenkonzo yalo.
32 uEleazari indodana kaAroni u ya kuba omkulu pezu kwezinduna zabaLevi: a ba bheke abagcina itabanekele.
33 Kwa Merari kwa vela umndeni wamaMahli nomndeni wamaMushi: Le imindeni ka Merari.
34 Labo ababalwayo kubo njengomumo wabesilisa bonke ku qala kwa ba nenyanga naba nga pezulu ba be izinkulungwane ezi isitupa namakulu amabili.
35 Induna yendhlu ka yise wemindeni kaMerari ya ba uZurieli indodana ka Abihaili. Laba ba ya kumisa ecaleni letabanekele ngasenyakato.
36 Okogcinwa amadodana ka Merari ko ba amapulankwe etabanekele nezinti zalo, nezinsika zalo, nezisekelo zalo, nezitya zonke zalo nako konke kokukonza.
37 Nezinsika zebala elizungezayo nezisekelo zazo nezikonkwane zazo nezintambo zazo.
38 Kodwa labo aba ya kumisa ngapambili kwetabanekele ngasempumalanga nga pambi kwetabanekele lenhlangano ngasempumalanga ko ba uMosi noAroni namadodana ake ba gcine itabanekele ba gcinele aba kwa Israeli owezizwe o sondelayo u ya kubulawa.
39 Bonke ababalwayo kubaLevi aba balwa uMosi noAroni ngokutyo ku ka Jehova ngemindeni yabo, bonke abesilisa ku qala kwa ba nenyanga ngobudala naba nga pezulu ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nambili.
40 uJehova wa ti ku Mosi. Bala onke amazibulo esilisa kuba Israeli ku qale kwa ba nenyanga ngobudala naba nga pezulu u bale amagama abo.

41 U ya ku ngi tatela abaLevi (ngi ngu Jehova) endaweni yabo bonke aba mazibulo ba kwa Israeli nezinkomo zabaLevi endaweni yamazibulo pakati kwezinkomo zaba kwa Israeli.

42 uMosi wa bala onke amazibulo pakati kwa ba Israeli njengokutyo ku ka Jehova kuye.

43 Onke amazibulo abesilisa ngomumo wamagama abo kuqala kwa ba nenyanga ubudala nabanga pezulu, bona ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nambili namakulu amabili namashumi amatatu neshumi nantatu.

44 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,

45 Tata abaLevi endaweni yawo onke amazibulo aba kwa Israeli nezinkomo zabaLevi endaweni yezinkomo zabo, abaLevi ba ya kuba abami: ngi nguJehova.

46 Ku labo aba ya kwenanwa kwaba amakulu amabili namashumi a isikombisa nantatu bamazibulo aba kwa Israeli a ba dhlula abaLevi.

47 U ya kutata amashekeli a isihlanu ngamunye ngenhloko, u ya kuwatata njengeshekeli letabanekele: Ishekeli li ngamagera a amashumi amabili.

48 U ya kunika imali uAroni namadodana ake e yenane umumo wabo odhluliléyo.

49 uMosi wa tata imali yokwenana labo aba be dhlule ngobuningi abe nanwa abaLevi.

50 Kumazibulo a kwa Israeli wa tata imali amashekeli a inkulungwane namakulu amatatu namashumi a isitupa nesihlanu njengeshekeli letabanekele.

51 uMosi wa i nika imali yabo aba be naniwe uAroni namadodana ake njengezwi lika Jehova; njengokutyo ku ka Jehova ku Mosi.

## ISAHLUKO 4.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi nakuAroni, e ti,

2 Bala umumo wa ba kwa Kohati kwa ba kwa Levi ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise.

3 Ku qale kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku fike kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu bonke aba ngenayo ebandhleni ukwenza umsebenzi wetabanekele lenhlangano.

4 Loku ku ya kuba umsebenzi waba kwa Kohati etabanekeleni lenhlangano ezintweni ezi ingcwele kakulu.

5 Ekusukeni kwekamu, ku ya kuza uAroni namadodana ake; behlise indwangu yokumboza, ba mboze umpongolo wemiteto ngayo.

6 Ba wembese na ngezikumba zamatahashi be ndhlale pezu kwawo indwangu e luhlaza ewe, ba fake izinti zawo.

7 Na pezu kwetebula lezinkwa zoku bhekelwa bendhlale indwangu e luhlaza, ba beke pezu kwayo izitya, nezinkezo namaboli nezindebe, nesinkwa semihla si bekwe pezu kwayo.

8 Bendhlale pezu kwalo indwangu e bomvu, ba yimboze yona ngezikumba zamatahashi, ba fake izinti zalo.

9 Ba ya kutata indwangu eluhlaza ba mboze uti lwesibani lokukanyisa, namakandelo alo, nezindhlawu zalo, nezitya zamalahle zalo, nezitya zonke zamafuta zalo, aba sebenza ngazo kulo.

10 Ba ya kulubeka nezitya zonke zalo, nga pansi kwezikumba zamatahashi, ba ku fake otini lokutwala,

11 Nga pezu kwelati legolide bendhlale indwangu eluhlaza ba yimboze ngezikumba zamatahashi ba fake izinti zalo.

12 Ba tabate yonke impahla yokukonza aba konza ngayo etabanekeleni; ba yi fake endwangwini eluhlaza ba yimboze ngezikumba zamatahashi ba yi fake otini lokutwala.

13 Ba kipe umlota elatini, ba mboze indwangu pezu kwalo.

14 Ba beke pezu kwayo zonke izitya zalo aba konza ngazo kulo, nezitya zokutyisela impepo, namabaxa enyama, namaboli, nezitya zelati zonke; ba yimboze ngezikumba zamatahashi, ba fake izinti zalo.

15 Lapo uAroni namadodana ake se be qedile ukumboza itabanekele nempahla yonke yalo ekusukeni kwekamu emva kwa loku aba kwa Kohati ba ya kuza ukulitwala; kodwa a ba yi kupata luto oluingcwele funa ba fe. Loku ku umsebenzi waba kwa Kohati etabanekeleni lenhlangano.

16 Umsebenzi ka Eleazari indodana ka Aroni umpristi u ya kuba amafuta okukanyisa, nempepo emnandi, nomnikelo wemihla, namafuta okugcoba, nokubheka lonke itabanekele nako konke oku pakati kwalo na sezityeni zalo.

17 uJehova wa kuluma kuMosi nakuAroni e ti,

18 Ni nga si nqumi isizwe somndeni waba kwa Kohati pakati kwaba Levi.

19 Kodwa enzani nje kubo ukuba ba pile ba nga fi impela lapo be sondela ezintweni ezingcwele kakulu: uAroni namadodana ake ba ya kungena, ba be mise, ku be ilowo emsebenzini wake, na semtwalweni wake.

20 A ba yi kungena ukubona lapo izinto eziyingcwele zi mbozwa funa ba fe.

21 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,

22 Bala umumo waba kwa Gershoni ngezindhlu za oyise ngemindeni yabo.

23 U ya kubabala u qale kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu bonke ku be abangenayo enkonzweni, ukwenza umsebenzi etabanekeleni lenhlangano.

24 Lo umsebenzi wemindeni waba kwa Gershoni, ukukonza, nokutwala.

25 Ba ya kwetwala izipanyiso zetabanekele, netabanekele lenhlangano, isimbozo salo, nesezikumba zamatahashi ezi nga pezu kwaso, nesipanyiso somnyango wetabanekele, lenhlangano.

26 Nezipanyiso zebala nesipanyiso somnyango wesango lebala eli nga setabanekeleni na selatini inxa zonke nezintambo zazo nempahla yonke yokusebenza kuzo nako konke okwenzelwa zona: Ba ya kusebenza konke.

27 Njengokutyo ku ka Aroni namadodana ake, ku ya kuba umsebenzi waba kwa Gershoni emitwalweni yonke yabo na semisebenzini yonke yabo, ni ya kubamisa ba gcine imitwalo yonke yabo.

28 Lo umsebenzi wemindeni ya kwa Gershoni etabanekeleni lenhlangano: Aba ku gcinayo ku ya kuba pansi kwesandhla sika Itamari indodana ka Aroni umpristi.

29 Ku ti amadodana ka Merari u wa bale ngemindeni yawo, ngendhlu ya oyise.

30 U ya kuwabala ku qale kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu, bonke ku be abangenayo enkonzweni ukwenza umsebenzi wetabanekele lenhlangano.

31 Iloku aba ya ku kugcina komtwalo wabo, njengomsebenzi wabo wonke etabanekeleni lenhlangano, amaplankwe etabanekele, nezinto zalo, nezinsika zalo, nezisekelo zazo.

32 Nezinsika ezi zungeze ibala, nezisekelo zazo, nezikonkwane zazo, nezintambo zazo, kanye nempahla yonke yazo, nomsebenzi wonke wazo: ni bale impahla ngamagama aba yi gcinayo emtwalweni wabo.

33 Lo umsebenzi wemindeni yaba kwa Merari, njengomsebenzi wabo bonke etabanekeleni lenhlangano, opansi kwesandhla sika Itamari indodana ka Aroni umpristi

34 uMosi no Aroni nabakulu benhlangano ba bala aba kwa Kohati ngemindeni yabo nangendhlu ya oyise.

35 Kwa qala kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu bonke aba ngenayo enkonzweni yomsebenzi etabanekeleni lenhlangano.

36 Bona ababalwayo kubo ngemindeni yabo ba be izinkulungwane ezimbili namakulu a isikombisa, namashumi a isihlanu.

37 Laba ibo ababalwayo kubo ngemindeni ya kwa Kohati, bonke aba nga sebenzayo etabanekeleni lenhlangano, ababalwa uMosi noAroni njengokuyala ku ka Jehova ngesandhla sika Mosi.

38 Bona ababalwayo ba kwa Gershoni ngemindeni yabo na ngendhlu ya oyise.

39 Kwa qala kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be aba neminyaka e amashumi a isihlanu, bonke abangenayo enkonzweni yomsebenzi etabanekeleni lenhlangano.

40 Bona ababalwayo kubo ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise ba be izinkulungwane ezimbili namakulu a isitupa namashumi amatatu.

41 Laba ibo ababalwayo bemindeni ya kwa Gershoni kubo bonke aba nga sebenzayo etabanekeleni lenhlangano, aba balwa uMosi noAroni njengokuyala ku ka Jehova.

42 Bona ababalwayo bemindeni ya kwa Merari, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise,

43 Kwa qala, kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu, bonke abangenayo enkonzweni yomsebenzi etabanekeleni lenhlangano.

44 Bona ababalwayo kubo ngemindeni yabo, ba be izinkulungwane ezintatu namakulu amabili.

45 Labo ababalwayo bemindeni ya kwa Merari, aba balwa uMosi noAroni

njengalo izwi lika Jehova ngesandhla sika Mosi.

46 Bonke ababalwayo ku ba Levi aba balwa uMosi noAroni nabakulu ba kwa Israeli ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise,

47 Kwa qala kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba ne nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu, bonke abezayo ukwenza umsebenzi wenkonzo no wokutwala etabanekeleni lenhlangano.

48 Bona ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezishiyagalombili namakulu amahlanu namashumi a shiyagalombili.

49 Njengokuyala ku ka Jehova ba balwa ngesandhla sika Mosi, bonke njengomsebenzi wabo, na njengomtwalo wabo ba balwa njengokutyo kuka Jehova ku Mosi.

## ISAHLUKO 5.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi, e ti,

2 Yityo kwa ba kwa Israeli ukuba ba kipe ekamwini onke amalepero nabo bonke aba nesipumo nabo bonke aba ngcoliswe abafileyo.

3 Isilisa nesifazana ni ya kuba kipela ngapandhle kwekamu ni ba kipe ukuze ba nga ngcolisi amakamu abo, e ngi hlala pakati kwawo.

4 Abakwa Israeli benza njalo, ba ba kipela ngapandhle kwekamu: njengokutyo kuka Jehova kuMosi benze njalo aba kwa Israeli.

5 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti,

6 Yityo kwa ba kwa Israeli ukuti uma o wesilisa noma o wesifazana enza isono e senziwa abantu ukona kuJehova, lowo muntu a be necala;

7 Ka vume isono sake a senzileyo, a buyise icala lake, nga loku a konileyo elekele kuko o kwesihlanu a ku nike lowo a monileyo.

8 Kodwa uma umuntu e nge naye o wa kubo, ukubuyisa icala kuye, icala a li buyiswe kuJehova, kumpristi ngapandhle kwenqama yokuhlaula a hlaulelwe ngayo.

9 Neminikelo yonke yoku ngcwele yaba kwa Israeli aba yi letayo kumpristi i ya kuba e yake.

10 Nokwahlukanisiweyo kwa bantu bonke ku ya kuba o kwake: konke oku letwa abantu kumpristi ku ya kuba o kwake.

11 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,

12 Yityo kwabakwa Israeli, u ti kubo uma umfazi womuntu e duka enza isono kuye.

13 A lale nomunye umuntu indoda yake i nga ku boni, ku fihlwe, a ngcoliswe ku nga biko ufakazi ngaye, e nga banjwanga.

14 Ku fike inhliziyo yomona kuye a be nomona ngomkake e ngcolisiwe noma ku fika inhliziyo yomona kuye a be nomona ngomfazi wake e nga ngcolisiwe.

15 Ku tike indoda i lete umkayo kumpristi i m letele umnikelo wake, okweshumi kweefa lempupu yebarle, a nga teli amafuta kuyo a nga faki nenhlaka kuyo; ngokuba i umnikelo womona, umnikelo wesikumbuzelo sokukumbuza isono.

16 Umpristi a m sondeze a m beke pambi ku ka Jehova:

17 Umpristi a tate amanzi a ngcwele ngesitya sebumba: a tate notuli olu pansi etabanekeleni, a lu tele emanzini.

18 Umpristi a beke umfazi ngapambi kuka Jehova, e mbule ikanda lomfazi a beke umnikelo wesikumbuzelo ezandhleni zake, o umnikelo womona, umpristi a pate ezandhleni zake amanzi ababayo okwenza isituko.

19 Umpristi a m fungise, a ti kumfazi uma u nga hlangananga nendoda uma u ngedukelanga kokubi nomunye o nge siyo indoda yako, u kululekile emanzini a babayo okwenza isituko.

20 Kodwa uma wedukile nomunye ongendoda yako uma u ngcolisiwe, wa hlangana nenye indoda e ngendoda yako;

21 Umpristi u ya kufungisa umfazi ngesifungo sokutuka umpristi a ti kumfazi, uJehova a kwenze isituko nesifungo pakati kwabakini, nxa uJehova e bozisa itanga lako; e vuvukalisa isisu sako;

22 Lamanzi okwenza isituko a ya kungena emibilinini yako, a vuvukise isisu sako a bozise itanga lako; Umfazi u ya kuti Ameni, Ameni.

23 Umpristi u ya kubala lezi izituko encwadini a zesule ngamanzi a babayo.

24 A puzise umfazi amanzi ababayo okwenza isituko, amanzi okwenza isituko a ya kungena kuye a babe.

25 Ku ti umpristi a tate umnikelo womona esandhleni somfazi a zulise umnikelo pambi kuka Jehova a nikele elatini.

26 Umpristi a capune ngesandhla emni-

kelweni isikumbuzelo sawo a si tyise elatini, ku tike a puzise umfazi amanzi.

27 Lapo se m puzisile amanzi ku ya kuti uma e ngcolisiwe wona endodeni yake amanzi okwenza isituko a ngene kuye a babe isisu sake si vuvuke netanga lake li bole; Umfazi u ya kuba isituko kwabakubo.

28 Uma e nga ngcolisiwe, e hlanzekile, u ya kukuleka a kululwe, a tole inzalo.

29 Lo umteto womona lapo umfazi eduka nomunye o nge siyo indoda yake a ngcoliswe.

30 Nalapo inhliziyo yomona i fika kuye a be nomona ngomfazi wake, a beke umfazi pambi ku ka Jehova, umpristi enze kuye ngawo wonke lomteto.

31 Indoda i nga bi necala lesono, lowo mfazi a twale isono sake.

## ISAHLUKO 6.

UJEHOVA wa tyo kuMosi ukuti,

2 Kuluma kuba Israeli u ti kubo, uma owesilisa noma owesifazana e zahlukanisa, a funge isifungo somNazareti a zimisele uJehova,

3 A ka zahlukanise newaini, notywala obubukali, a nga puzi ubumuncu bewaini nobumuncu botywala, a nga puzi amanzi ezinhlamvu zevini a nga dhli izinhlamvu zevini ezimanzi nezomileyo.

4 Zonke izinsuku zoku zahlukanisa kwake, a ka yi kudhla luto olwenziwe ngevini noma izinhlamvu noma amakasi.

5 Izinsuku zonke zesifungo sokuzahlukanisa, a nga puculi ikanda lake ku ze ku pelele lezo zinsuku zokuzahlukanisela kwake ku Jehova, u ya kuba ngcwele, a yeke isihlutu sezinwele zekanda lake si kule.

6 Ngezinsuku zonke zokuzahlukanisela kwake kuJehova a ka nga hlangani nesidumbu sofileyo.

7 A nga zingcolisi ngoyise, na ngonina, na ngomfo wabo, na ngodade wabo ekufeni kwabo, ngokuba ukuzahlukanisela uTixo ku pezu kwekanda lake.

8 Ngezinsuku zonke zokuzahlukanisela kwake u ngcwele ku Jehova.

9 Uma umuntu e zumeka, a fe eduze naye, nekanda lake lokuzahlukanisa kwake li ngcole, u ya kupucula ikanda lake ngomhla wokuzihlanza kwake, ngosuku lwesikombisa u ya kulipucula.

10 Ngosuku lwesishiyagalombili a lete amavukutu amabili noma amahobe amabili kumpristi emnyango wetabanekele lenhlangano;

11 Umpristi a nikele elinye li be umnikelo wesono, nelinye li be umnikelo wokutya, a m hlaulele ngokuba wonile ngofileyo, a hlukanise ikanda lake ngalololusuku;

12 Wo zimisela uJehova izinsuku zokuzahlukanisa kwake a lete icwane eli se nomnyaka, li be umnikelo wokona, kodwa izinsuku za nga pambili zi ya kulahlwa; ngokuba ukuzahlukanisa kwake kwa ngcoliswa.

13 Lo u umteto womNazareti lapo izinsuku zokuzahlukanisa kwake se zi pelele u ya kuletwa emnyango wetabanekele lenhlangano.

14 U ya kunikela umnikelo wake ku Jehova, icwane, eli nomnyaka eli nge nacala, li be umnikelo wokutya, nelensikazi eli nonyaka, eli nge nacala li be umnikelo wesono, nenqama e nge nacala i be umnikelo wokutula.

15 Nembenge yesinkwa esi nge namvubelo, nezinkwana zempupu enhle exutywe namafuta, nezinkwanyana ezi nge namvubelo zi gcotywe ngamafuta, nomnikelo wokudhla nowokupuza.

16 Umpristi u ya kuyileta pambi kuka Jehova, a nikele umnikelo wake wesono nomnikelo wake wokutya.

17 A nikele inqama i be umnikelo wokutula kuJehova, kanye nembenge yesinkwa esi nge namvubelo: futi umpristi u ya ku nikela umnikelo wake wokudhla nomnikelo wake wokupuza.

18 UmNazareti u yu kupucula ikanda lake lokuzahlukanisa kwake emnyango wetabanekele lenhlangano, a tate izinwele zekanda lake lokuzahlukanisa kwake a zi fake emlilweni o nga pansi komnikelo ohlatyelwe ukutula.

19 Umpristi u ya kutata umkono opekiweyo wenqama nesikwana esi nge nambiliso si be sinye embengeni, nesinkwanyana esi nge namvubelo, a ku beke ezandhleni zomNazareti emva kokupucula izinwele zokuzahlukanisa kwake.

20 Umpristi a ku zulise ku be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova, loku ku ngcwele o kompristi kanye nesifuba nomkono wokuzuliswa, emva kwa loku umNazareti a nga puza iwaini.

21 Lo u umteto womNazareti o fungileyo nowomnikelo wokuzahlukanisela kuJehova, ngapandhle kwa loko isa-

ndhla sake e si ya ku zuza; njengesi-
fungo a si fungayo a kenze njengomteto
wokuzahlukanisa kwake.
22 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,
23 Yityo kuAroni na kumadodana ake
u ti, Ni ya kubusisa abaka Israeli ka-
nye ngokuti kubo,
24 uJehova a ku busise, a ku gcine,
25 uJehova a ka kanyise ubuso bake
pezu kwako, a be nomusa kuwe.
26 uJehova a ka pakamise ubuso bake
pezu kwako, a ku nike ukutula.
27 Ba ya kubeka igama lami pezu
kwaba kwa Israeli ngi ya ku ba busisa.

## ISAHLUKO 7.

KWA ti ngosuku uMosi e se qedile
ukumisa itabanekele e se li gcobile,
wa lahlukanisa, nempahla yonke yalo
kanye nelati nezitya zonke zalo, e se zi
gcobile wa zahlukanisa.
2 Ukuba izikulu zabakwa Israeli izi-
nhloko zendhlu ya oyise e za zi ama-
kosi ezizwe a e mele labo ababalwayo
za nikela;
3 Ba leta umnikelo wabo nga pambi
kuka Jehova, izinqola ezi isitupa ezi no-
pahla, nezinkabi ezi ishumi nambili,
inqola inye kwe e yezikulu ezibili inka-
bi inye si sinye, ba zi leta ngapambi
kwetabanekele.
4 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,
5 Amkela kubo, ukuba kwenizwe nga-
zo umsebenzi wetabanekele lenhlanga-
no, u za kuzinika abaLevi ku be i ku
lowo njengomsebenzi wake.
6 uMosi wa tata izinqola nezinkabi
wa zi nika abaLevi.
7 Izinqola ezimbili nezinkabi ezine,
wa zi nika abakwa Gershoni, njengo-
msebenzi wabo,
8 Izinqola ezine nezinkabi ezi isishi-
yagalombili wa zi nika abakwa Merari
njengomsebenzi wabo ngapansi kwesa-
ndhla sika Itamari indodana ka Aroni
umpristi.
9 Kepa aba kwa Kohati a ka ba nika-
nga luto, ngokuba umsebenzi wetabane-
kele wa u ngowabo, ukuba betwale, ema-
hlombe abo.
10 Izikulu za nikelela ukwahlukani-
swa kwelati mhla li gcotywayo, izikulu
za nikela umnikelo wazo nga pambi
kwelati.
11 uJehova wa ti kuMosi a ba nike-
le umnikelo wabo, ku be i leso sikulu
ngosuku lwaso, wokwahlukanisa ilati.
12 Owa nikela umnikelo wake ngo-
suku lokuqala uNashoni indodana ka
Aminadabi wa kwa Juda.
13 Umnikelo wake wa u isitya esiba-
nzi sesiliva, isisindo saso sa si amashekeli
a ikulu namashumi amatatu, neboli le-
siliva eli namashekeli a amashumi a
isikombisa, njengeshekeli letabanekele:
kokubili kwa ku gcwele impupu enhle
e xutywe namafuta ku be umnikelo wo
kudhla:
14 Ukezo lwegolide, olu amashekeli a
ishumi lu gcwele impepo.
15 Inkunzi entya, inqama, necwane
eli nonyaka, ku be umnikelo wokutya.
16 Necwane lembuzi, li be umnikelo
wesono.
17 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula
izinkabi ezimbili, nezinqama ezi isihla-
nu, nezimbuzi ezi isihlanu, namacwane
a isihlanu, amnyaka munye: loku kwa
ku umnikelo ka Nashoni indodana ka
Aminadabi:
18 Ngolwesibili kwa nikela uNeta-
neli indodana ka Zuari induna ya kwa
Isakari.
19 Wa nikela ngomnikelo wake isitya
esibanzi isisindo saso sa si amashekeli a
ikulu namashumi amatatu, neboli lesi-
liva, eli namashekeli a amashumi a isi-
kombisa njengeshekeli letabanekele: ko-
kubili kwa ku gcwele impupu enhle e
xutywe namafuta ku be umnikelo wo-
kudhla.
20 Ukezo lwegolide olu amashekeli a
ishumi lu gcwele impepo.
21 Inkunzi entya, inqama, necwane
eli nonyaka ku be umnikelo wokutya.
22 Necwane lembuzi li be umnikelo
wesono.
23 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula,
izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu,
nezimpongo ezi isihlanu, namacwane a
isihlanu amnyaka munye: loku kwa
ku umnikelo ka Netaneli indodana ka
Zuari.
24 Ngolwesitatu uEliabi indodana ka
Heloni induna ya kwa Zebuloni, wa ni-
kela.
25 Umnikelo wake, wa u isitya esi-
banzi sesiliva, isisindo saso sa si ama-
shekeli a ikulu namashumi amatatu ne-
boli lesiliva, eli namashekeli a amashu-
mi a isikombisa njengeshekeli letabane-
kele; kokubili kwa ku gcwele impupu
enhle e xutywe namafuta ku be umni-
kelo wokudhla.
26 Ukezo lwegolide olu amashekeli a
ishumi lu gcwele impepo.

27 Inkunzi entya, inqama, icwane eli nonyaka, ku be umnikelo wokutya,

28 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

29 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili nezinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu, namacwane a isihlanu amnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Eliabi indodana ka Heloni.

30 Ngolwesine uElizuri indodana ka Shaduri induna ya kwa Rubeni wa nikela.

31 Umnikelo wa u isitya sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva, eli amashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele; kokubili kwa ku gcwele impupu enhle, e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

32 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo.

33 Inkunzi entya, inqama, icwane eli nonyaka, ku be umnikelo wokutya.

34 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

35 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu, amacwane amnyaka munye a isihlanu: loku kwa ku umnikelo ka Elizuri indodana ka Shaduri.

36 Ngolwesihlanu uShalumieli indodana ka Zurishadi induna ya ba kwa Simeoni wa nikela.

37 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa, njengeshekeli letabanekele: kokubili kwa ku gcwele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

38 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo.

39 Inkunzi entya, inqama, necwane eli nonyaka ku be umnikelo wokutya.

40 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

41 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu namacwane a isihlanu amnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Shalumieli indodana ka Zurishadi.

42 Ngolwesitupa uEliasafu indodana ka Deueli induna ya kwa Gadi wa nikela.

43 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva, isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu neboli eli amashekeli a amashumi a isikombisa, njengeshekeli letabanekele: kokubili kwa ku gcwele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

44 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo.

45 Inkunzi entya, inqama, necwane eli nonyaka ku be umnikelo wokutya:

46 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

47 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, namacwane a isihlanu amnyaka munye: Loku kwa ku umnikelo ka Eliasafu indodana ka Deueli.

48 Ngolwesikombisa uElishama indodana ka Amihudi induna yaba kwa Efraimi, wa nikela:

49 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa, njengeshekeli letabanekele, kokubili ku gcwele impupu enhle e xutywe namafuta kwa ba umnikelo wokudhla.

50 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo.

51 Inkunzi entya, inqama, icwane eli mnyaka munye, ku be umnikelo wokutya.

52 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

53 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu namacwane amnyaka munye: Loku kwa ku umnikelo ka Elishama indodana ka Amihudi.

54 Ngolwesishiyagalombili uGamalieli indodana ka Pedazuri, induna ya ba kwa Manasa wa nikela:

55 Umnikelo wake, wa u isitya esibanzi sesiliva esi amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele; kokubili ku gcwele impupu enhle e xutywe namafuta, ku be umnikelo wokudhla.

56 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo.

57 Inkunzi entya, inqama, necwane eli mnyaka munye, ku be umnikelo wokutya.

58 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

59 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, namacwane a isihlanu amnyaka munye; loku kwa ku umnikelo ka Gamalieli indodana ka Pedazuri.

60 Ngolwesishiyagalolunye uAbidani indodana ka Gideoni induna ya kwa Benjamini wa nikela.

61 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, iboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa; njengeshekeli letabanekele; kokubili kwa ku gcwele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

62 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo.

63 Inkunzi entya, inqama, necwane eli mnyaka munye ku be umnikelo wokutya.

64 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

65 Okokuhlatyelwa umnikelo wokutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu, namacwane a isihlanu a mnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Abidani indodana ka Gideoni.

66 Ngolweshumi uAhieza indodana ka Amishadai induna yaba kwa Dani, wa nikela.

67 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele; kokubili kwa ku gcwele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

68 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo.

69 Inkunzi entya, inqama, necwane eli mnyaka munye ku be umnikelo wokutya.

70 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

71 Okokuhlatyelwa umnikelo wokutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu, namacwane a isihlanu a mnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Ahieza indodana ka Amishadai.

72 Ngolweshumi nanye, u Pagieli indodana ka Okrani induna yabakwa Asheri wa nikela.

73 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa, njengeshekeli letabanekele: kokubili kwa ku gcwele impupu enhle e xutywe namafuta, ku be umnikelo wokudhla.

74 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo.

75 Inkunzi entya, inqama, necwane eli mnyaka munye, ku be umnikelo wokutya.

76 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

77 Okokuhlatyelwa umnikelo wokutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimbongo ezi isihlanu, namacwane a isihlanu amnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Pagieli indodana ka Okrani.

78 Ngolweshumi nambili uAhira indodana ka Enani induna ya ba kwa Naftali wa nikela.

79 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele; kokubili kwa ku gcwele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

80 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo.

81 Inkunzi entya, inqama, necwane eli myaka munye, ku be umnikelo wokutya.

82 Icwane lembuzi li be umnikelo wesono.

83 Okokuhlatyelwa umnikelo wokutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimbongo ezi isihlanu namacwane a isihlanu amnyaka munye loku kwa ku umnikelo ka Ahira indodana ka Enani.

84 Loku kwa ku ukwahlukaniswa kwelati mhla li gcotywayo izikulu za kwa Israeli, izitya ezibanzi ezi ishumi nambili zesiliva, namaboli a ishumi nambili e siliva, nezinkezo ezi ishumi nambili zegolide.

85 Isitya si sinye sa sinda amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli li linye a amashumi a isikombisa: zonke izitya zesiliva za sinda amashekeli a izinkulungwane ezimbili namakulu amane, njengeshekeli letabanekele:

86 Izinkezo zegolide za zi ishumi nambili zi gcwele impepo, za zi sinda amashekeli a ishumi lu lunye, njengeshe-

9 uMosi wa i tata induku ngapambi kuka Jehova, njengesiyalezo sake.

10 uMosi noAroni ba li butela ibandhla ngapambi kwetye, wa ti kubona, Yizwani manje, nina bahlubuki; ku dingeka ukuba si ni vezele amanzi kulelitye na?

11 uMosi wa pakamisa isandhla sake wa li tyaya kabili itye ngenduku yake; amanzi a puma ngamandhla, nebandhla la puza kanye nezilwane zalo.

12 uJehova wa kuluma kuMosi na ku Aroni, wa ti, Ngokuba ni nga ngi kolwanga, ukungenza ngcwele emehlweni abantwana baka Israeli, ngako a ni yi ku li ngenisa lelibandhla ezweni e nga li nike bona.

13 Lawa a ngamanzi eMeriba ngokuba aba kwa Israeli ba xabana nóJehova, yena wahlukaniswa kubo.

14 uMosi wa tuma izigijimi enkosini yaseEdomi zi suka eKadeshi, U ti umfo wenu uIsraeli, U ya zazi zonke izinhlupeko ezi si fikeleyo;

15 Na ngokwehlela kobaba betu Egipite nati sa hlala isikati eside Egipite; aba kona ba si hlupa, nobaba betu.

16 Lapo sa kala kuJehova, wa li zwa izwi letu wa tuma ingelosi wa si kipa Egipite futi, bheka, si seKadeshi manje, umuzi okude nomncele wako.

17 Ngi ya kuncenga, ma si dhlule ezweni lako: a si yi ku hamba emasimini na sezivinini, namanzi emitombo si nga wa puzi: si ya kuhamba ngomgwaqo wenkosi, a si yi ku pendukela ngalapa na ngalapa, si ze si wu dhlule umncele wako.

18 uEdomi wa ti kuye, A u yi ku dhlula nga kimi, funa ngi ku fikele ngenkemba.

19 Naba kwa Israeli ba ti kuyena, si ya kuhamba ngomgwaqo: noma mina nezinkomo zami zi puza amanzi ako, ngo wa kokela, ngapandhle kwako konke okunye so hambanje ngezinyawo zetu.

20 Wa ti yena, a u yi ku dhlula. uEdomi wa ba fikela ngabantu abaningi, na ngesandhla esi namandhla.

21 Njaloke uEdomi wala ukuba ba dhlule aba kwa Israeli ezweni lake: ngako aba kwa Israeli ba pambuka kuye.

22 Naba kwa Israeli, ibandhla lonke, ba suka eKadeshi, ba fika entabeni iHori.

23 uJehova wa kuluma kuMosi nakuAroni entabeni iHori, osebeni lezwe lase Edomi, e ti.

24 uAroni u ya kubutelwa kubantu ba kubo, ngokuba a ka yi ku ngena ezweni e nga li nike aba kwa Israeli, ngokuba ni hlubukile ezwini lami emanzini ase-Meriba.

25 Tata uAroni noEleazari indodana yake, u ba kupulele entabeni iHori:

26 U m kumule uAroni izingubo, u zi fake kuEleazari indodana yake. uAroni wo butelwa kubantu bakubo a fe kona.

27 uMosi wenza njenzesiyalezo sika Jehova: ba kupukela entabeni iHori emehlweni ebandhla lonke.

28 uMosi wa m kumula uAroni izingubo, zake wa zi faka kuEleazari indodana yake; uAroni wa fa kona pezu kwentaba: uMosi noEleazari behla entabeni.

29 Lapo ibandhla lonke li bona ukuba uAroni u file, ba m lilela izinsuku ezi ngamashumi amatatu, yonke indhlu yakwa Israeli.

## ISAHLUKO 21.

LAPO inkosi uArade wa seKenani, o wa e hlezi ngaseningezimu, e zwa ukuba abakwaIsraeli ba yeza ngendhlela yezinhloli, wa lwa nabo, wa tata abanye wa benza izibotywa.

2 AbaIsraeli ba funga isifungo kuJehova, ba ti, Uma wena u nika lababantu esandhleni setu impela, konake si ya kubulala impela imizi yabo,

3 uJehova wa li lalela izwi lika Israeli, wa ba nikela aba seKenani, ba ba qeda kanye nemizi yabo: na leyondawo ba i biza ngokuti iHorma.

4 Ba hambake besuka entabeni iHori ngendhlela yolwandhle olubomvu, uku li haqa izwe la seEdomi nabantu ba hlupeka kakulu ezinhliziyweni ngenxa yendhlela.

5 Abantu ba kuluma kabi ngoTixo, na ngoMosi, be ti, Ni si kipeleni Egipite ukuba si fe ehlane na? ngokuba asiko isinkwa, namanzi kawako; izinhliziyo zetu zi ya dinwa ilesi sinkwa esilula.

6 uJehova wa ba tumela izinyoka ezi nolaka, za ba luma abantu; abaningi bakwa Israeli ba fa.

7 Ngako abantu beza kuMosi, ba ti, sonile, ngokuba si kulume kabi ngoJehova, na ngawe; kuleka kuJehova, ukuba a suse izinyoka kitina. uMosi wa kulekela abantu.

8 uJehova wa ti kuMosi, yenza inyoka

yetusi, u i mise esibondeni; ku ya kuti yena o lunyiweyo lapo e i buka leyo nyoka, a pile.

9 uMosi wa yenza inyoka yetusi, wa i misa esibondeni, kwa ti olunyiweyo inyoka lapo e i bukayo inyoka yetusi, wa pila.

10 AbakwaIsraeli ba hamba, bemisa eObote.

11 Be suka eObote, bemisa eIjeabaremu ehlane eli ngapambi kweMoabi nga sempumalanga.

12 Besuka lapo, bemisa esigodini saseZaredi.

13 Besuka lapo bemisa ngapambili kweArnoni eli sehlane eli puma emnceleni wezwe lamaAmori; ngokuba iArnoni li isahlukaniso seMoabi, emkatini weMoabi namaAmori.

14 Ngako ku tiwa enewadini ka Jehova yezimpi, A kwenzileyo elwandhle olubomvu, nasemifulaneni yakwa Arnoni.

15 Nasemifulaueni yemifula e yehlela endaweni ya seAre, e ye ncika emnceleni weMoabi.

16 Besuka lapo ba ya eBeeri umtombo a kulume ngawo uJehova kuMosi, e ti, Ba butele ndawonye abantu, ngi ba pe amanzi.

17 AbaIsraeli ba se be gwaba lesisihlabelelo, sokuti Vuka, O mtombo; hlabelelani kuwona:

18 Amakosana a wu mbile, u mbiwe izikulu zabantu, ngezwi lomvezi womteto, ngezinkande zabo. Besuka ehlane ba ya eMattana.

19 Be suka eMattana ba ya eNahalieli; besuka eNahalieli, ba ya eBamote.

20 Besuka eBamote esigodini esi sezweni lase Moabi, ba kwela ePisga, eli bhekene neJeshimone.

21 AbakwaIsraeli ba tuma izigijimi ku Sihoni inkosi yamaAmori be ti.

22 Ma si dhlule ezweni lako; a si yi ku pendukela emasimini, nasezivinini; si nga wa puzi namanzi emitombo: kodwa so hamba nje ngomgwaqo wenkosi, si ze si li dhlule izwe lako.

23 uSihoni a ka vumanga ukuba abakwa Israeli ba dhlule emnceleni wake: kodwa uSihoni wa buta bonke abantu bake, wa pumela abakwaIsraeli ehlane: wa fika eJehazi, wa lwa nabakwaIsraeli.

24 AbakwaIsraeli ba m tyaya ngenkemba ba tata izwe lake ku suka eArnoni ku ze ku fike eJaboke, ku bantwana baka Ammoni ngokuba umncele wabantwana bakaAmmoni wa u namandhla.

25 AbakwaIsraeli ba tata yonke lemizi: abakwaIsraeli ba hlala kuyo yonke imizi yamaAmori, eHeshbone, nemizana yonke yakona.

26 Ngokuba iHeshbone la li ngumuzi ka Sihoni inkosi yamaAmori, o wa e lwile nenkosi yakuqala yase Moabi wa li tata lonke izwe lake esandhleni sake, kwa ze kwa fika eArnoni.

27 Ngako bona aba kuluma ngeziga ba ti, Ngena eHeshbone, umuzi ka Sihoni ma wakiwe, u lungiswe.

28 Ngokuba umlilo u pumile eHeshbone, ilangabi emzini ka Sihoni li qedile iAre laseMoabi namakosi ezindawo ezinkulu zase Arnoni.

29 Maye kuwena, Moabi ni qediwe, O bantu ba se Kemosha, amadodana namadodakazi ake a sindileyo, u wa fake ebugqilini kuSihoni inkosi yamaAmori.

30 Si dubulile kubona; uHeshbone u file kwa ze kwa fika eDibone, si ba citile kwa ze kwa fika eNofa, eMedeba.

31 Njaloke abakwaIsraeli ba hlala ezweni lamaAmori.

32 uMosi wa tumela uku hlola uJazeri, ba i tata imizana yakona, ba xotya abakwaAmori e aba be kona.

33 Ba penduka ba kupuka ngendhlela yase Bashane; uHogi inkosi ya seBashane wa ba hlasela, yena, nabantu bonke bake, ukulwa eEdrei.

34 uJehova wa ti kuMosi, u nga mesabi, ngokuba ngi m nikile esandhleni sako, nabantu bonke bake, nezwe lake; wo kwenza kuye njengokwenza kwako kuSihoni inkosi yamaAmori, o wa e hlala eHeshbone.

35 Ngako ba m tyaya, namadodana ake, nabantu bonke bake, ba ze ba pela bonke; ba fuya izwe lake.

## ISAHLUKO 22.

NABAKWA Israeli ba qubeka be misa ematafeni ase Moabi nganeno kweJordani eduze neJeriko.

2 uBalaki indodana ka Zippore wa ku bona konke aba kwenzayo abaIsraeli kwaba kwa Ammoni.

3 uMoabi wa be saba kakulu abantu, ngokuba ba be baningi: wa hlupeka uMoabi ngenxa yabantwana bakwa Israeli.

4 uMoabi wa ti ezikulwini zakwa Midiani, Manje leli bandhla li ya kukota konke oku ngakitina; njengenkabi i

kota utyani basendhle. uBalaki indo-
dana ka Zippore wa e inkosi yamaMoabi
ngalesosikati.
5 Wa tumake izigijimi kuBalami
indodana ka Beori ukumbiza ePethore,
eli nga semfuleni wezwe labantwana
babantu bake, eti, Bheka, ku kona aba-
ntu aba puma Egipite: bheka, ba sibe-
kele ubuso bomhlaba, ba hlezi nga ki-
mina.
6 Wozake, ngi ya kuncenga, ngi qa-
lekisele laba bantu; ngokuba ba ya nga-
hlula mina: umhlaumbe ngi ngaba na-
mandhla, si ba tyaye, ngi ba xotye ezwe-
ni; ngokuba ngi yazi ukuba o m busisa-
yo wena u busisiwe, naye o m qalekisayo
wena u qalekisiwe.
7 Izikulu zase Moabi nezase Midiani
za hamba zi pete izipo zobunuse; za fika
kuBalami, za kuluma kuyena amazwi
ka Balaki.
8 Wa ti yena kubona, Lalani lapa na-
muhla, ngo ni buyisela izwi, njengoku-
tyo kuka Jehova kimina: nezikulu za-
se Moabi za lala kuBalami.
9 uTixo wa fika kuBalami wa ti,
Obani laba bantu aba kuwe na?
10 uBalami wa ti kuTixo, uBalaki
indodana ka Zippore inkosi yase Moabi
u tumele kimina, eti.
11 Bheka, ku kona abantu aba pume
Egipite, aba sibekela ubuso bomhlaba;
woza manje, u ngi qalekisele bona;
umhlaumbe ngi nga bahlula, ngi ba
xotye.
12 uTixo wa ti kuBalami, u nga ha-
mbi nabo; u nga qalekisi abantu: ngo-
kuba ba ngababusisiweyo.
13 uBalami wa vuka kusasa, wa tyo
kuwo amakosana ka Balake, ukuti, Bu-
yelani ezweni lenu; ngokuba uJehova u
ya ngalela ukuba ngi hambe nani.
14 Amakosana ase Moabi a vuka, a
buyela kuBalaki a ti, uBalami u yala
ukuza nati.
15 uBalaki wa tuma amanye amako-
sana, adumileyo ku na okuqala.
16 A fika kuBalami a ti kuyena, uti
uBalaki indodana ka Zippore, Ngi ya
kuncenga, u nga tiywa luto ekuzeni
kimina.
17 Ngokuba ngo ku misela udumo olu-
kulu, ngi kwenze konke okutyoyo kimi-
na wozake ngi ya kuncenga, ngi qaleki-
sele laba bantu.
18 uBalami wa pendula izinceku zika
Balaki wa ti, Uma uBalaki e ngi nika
indhlu yake i gcwele igolide nesiliva, a
ngi nakulidhlula izwi lika Jehova uTixo
wami, ukwenza okuncane nokukulu.
19 Manjeke ngi ya ni ncenga, lalani
lapa nani namuhla, ukuze ngi bone oku
ya kutyiwo u Jehova kimi futi.
20 uTixo wa fika kuBalami ebusuku,
wa ti kuyena, Uma amadoda e fika uku
ku biza, vuka u hambe nabo; noko izwi
e ngi ya kulityo kuwe, wo lenza.
21 uBalami wa vuka kusasa, wa bope-
la umbongolo yake, wa hamba namako-
sana ase Moabi.
22 Ulaka luka Tixo lwa vuta ngoku-
hamba kwake: nengelosi ka Jehova ya
m vimbela endhleleni i isita kuyena.
Wa e kwele imbongolo, nezinceku zake
ezimbili za zi naye.
23 Imbongolo ya bona ingelosi ka Je-
hova i mi endhleleni, nenkemba e koki-
weyo i sesandhleni sayo; imbongolo ya
cezuka endhleleni ya ya etyanini; uBa-
lami wa i tyaya imbongolo uku i buyi-
sela endhleleni,
24 Kodwa ingelosi ka Jehova yema
endhleleni yezivini, ku kona udonga
ngalapa na ngalapa.
25 Lapo imbongolo i bona ingelosi ka
Jehova, ya zityaya odongeni, ya limaza
unyawo luka Balami odongeni; yena wa
i tyaya futi.
26 Ingelosi ka Jehova ya qubeka, ye-
ma endaweni e incingo, lapo ku ngeko
nandawo yokupendukela ngalapa na-
ngalapa.
27 Lapo imbongolo i bona ingelosi ka
Jehova, ya wa ngapansi kuka Balami,
ulaka luka Balami lwa vuta, wa i tya-
ya ngenduku.
28 uJehova wa wu vula umlomo we-
mbongolo, ya ti kuBalami, Ngenzeni
kuwe, ukuze u ngi tyaye katatu na?
29 uBalami wa ti kuyo imbongolo,
ngokuba u dhlala ngami: kwangati nga
ngi nenkemba esandhleni sami, ngi ku
bulale impela manje.
30 Ya ti imbongolo kuBalami, a ngi
siyo imbongolo yako na? o i kweleyo
ku iloko u ngi fuyileyo ku ze ku be na-
mhla ngake nga kwenza loko kuwena
na? Wa pendula wa ti. Qa.
31 uJehova wa vula amehlo ka Ba-
lami, wa bona ingelosi ka Jehova i mi
endhleleni, nenkemba i kokiwe esa-
ndhleni sayo: wa kotamisa ikanda, wa
wa pansi ngobuso.
32 Ya ti ingelosi ka Jehova kuye, u i
tyayeleni katatu imbongolo yako na?
bheka, ngi pumele wena uku ku vimbe-

la, ngokuba indhlela yako imbi emehlweni ami.

33 Imbongolo ya ngi bona ya ngi cezukela katatu; uma i be i nga ngi cezukelanga, nga ngi ku bulele impela, nga i sindisa yona.

34 uBalami wa ti kuyo ingelosi ka Jehova, Ngonile; ngokuba be ngi ngazi ukuba u ngi mele endhleleni; manjeke uma u nga tandi, Ma ngi buyele emuva.

35 Ya ti ingelosi ka Jehova kuBalami, Hamba namadoda; kodwa u tyo izwi e ngi ya kulityo mina kupela, Ngako uBalami wa hamba namakosana ka Balaki.

36 Lapo uBalaki e zwile ukuba u Balami u fikile, wa puma uku m hlangabeza komunye umuzi wase Moabi, o semnceleni weArnoni, o se sebeni kude.

37 uBalaki wa ti kuBalami, A ngi tumanga kuwena ngi ku ncenga ukuba u ze kimina na? A u fikanga ngani na? A ngi nawo amandhla uku ku nika udumo na?

38 uBalami wa ti kuBalaki, Bheka ngi fikile kuwe; ngi nawo amandhla uku kuluma kuwena manje na? izwi eli bekwa emlonyeni wami nguJehova ilona e ngi ya kulikuluma.

39 uBalami wa hamba noBalaki ba fika eKirjath-huzote.

40 uBalaki wa hlaba izinkabi nezimvu, wa tuma kuBalami, na kuwo amakosana a e naye.

41 Kwa ti ngomuso, uBalaki wa tata uBalami, wa m leta ezindaweni ezipakemeyo zika Bali, ukuba a ba bone bonke abantu.

## ISAHLUKO 23.

UBALAMI wa ti kuBalaki, Ngakele lapa amalati a isikombisa, u ngi lungisele lapa izinkabi ezi isikombisa nezinqama ezi isikombisa.

2 uBalaki wenza njengokutyo kuka Balami; uBalaki noBalami ba nikela kuwo onke amalati inkabi nenqama.

3 uBalami wa ti kuBalaki, Yima emhlabelweni wako otyayo, mina ngi hambe; ingabe uJehova u ya kufika a hlangane nami; konke a ngi kombisa kona, ngo ku tyela wena, Wa kupukela endaweni epakemeyo.

4 uTixo wa hlangana noBalami, wa ti kuyena, Ngi wa lungisile amalati a isikombisa, futi ngi nikele kuwo onke inkabi nenqama.

5 uJehova wa faka izwi emlonyeni ka Balami, wa ti, Buyela kuBalaki, u tyo loku.

6 Wa e se buyela kuyena, wa m bona e mi ngomhlabelo wake otyayo, yena namakosana onke aseMoabi.

7 Wa u tata umfanekiso wake, wa ti, uBalaki inkosi yase Moabi u ngi tatile eAramu ezintabeni za sempumalanga, e ti, Woza u ngi qalekisele uJakobe, u ze u u lwe nabakwaIsraeli;

8 Ngi nga m qalekisa kanjani o nga qalekiswa nguTixo na? ngi lwe kanjani nabo a ba ngalwiyo noJehova na?

9 Ngokuba ngi pezu kwamatye ngi ya m bona, noma ngi sezintabeni ngi ya m buka; bheka, labo bantu ba ya kuhlala bodwa, ba nga balwa kanye nezizwe.

10 Ubani o nga bala utuli luka Jakobe na? nobuningi benxenye yobune ka Israeli na? Ma ngi fe ukufa kolungileyo, nokugcina kwami ku be njengokwake!

11 uBalaki wa ti kuBalami, Wenzani kimina na? Ngi ku tatele ukuqalekisa izita zami, kepa, bheka, se u ba busisile ngokupeleleyo.

12 Yena wa pendula wa ti, Ngi nga ku qondi ukukuluma oku bekwe emlonyeni wami nguJehova na?

13 uBalaki wa ti kuyena, Woza, ngi ya kuncenga, si ye kwenye indawo, u ba bone kona; u ya kubona inxenye yabo, u nga ba boni bonke; u ngi qalekisele bona lapo.

14 Wa m leta ensimini yase Zofimi, pezulu kwePisga, waka amalati a isikombisa, wa nikela inkabi, nenqama kuwo onke amalati.

15 Wa ti kuBalaki, Yima lapa ngasemhlabelweni wako otyayo, mina ngi hlangane noJehova lapaya.

16 uJehova wa hlangana noBalami, wa beka izwi emlonyeni wake, wa ti, Buyela futi kuBalaki u tyo ngokuti.

17 Lapo e fika kuyena, Bheka, wa e mi kuwona umhlabelo wake, namakosana aseMoabi kanye naye. uBalake wa ti kuye, U kulumeni uJehova na?

18 Wa kuluma umfanekiso wake, wa ti, Vuka, Balake, u zwe; lalela mina wena ndodana ka Zippore;

19 uTixo a ka siye umuntu, ukuba a qambe amanga; nendodana yomuntu, ukuba a penduke, U tyilo, a ka yi kukwenza na? noma e kulumile a ka yikukulungisa na?

20 Bheka, ngi samukele isiyalezo ukubusisa: yena u busisile; nami a ngi na ku ku pendula.

21 A ka bonanga ububi kwaJakobe,

a ka bonanga ukudelela kwaIsraeli; uJehova uTixo wake u naye, nokumemeza kwenkosi ku pakati kwabo.

22 uTixo wa ba kipa Egipite; u namandhla kungati a wendhluzele.

23 Impela abuko ubunuse kwaJakobe, nokubula kwaIsraeli, nga lesi sikati ko tyiwo ngoJakobe nabakwaIsraeli; Wenzeni uTixo na?

24 Bheka, abantu bo vuka njengebubesi elikulu: ba zipakamise njengebubesi elitya ba nga lali pansi be nga ka i dhli impango, ba puza igazi lobuleweyo.

25 uBalaki wa ti kuBalami, Musa ukuba qalekisake, musa ukubabusisa futi.

26 uBalami wa pendula uBalaki, wa ti, A ngi ku tyelanga, ukuti, Konke oku kulunywa uJehova, ma ngi kwenze na.

27 uBalaki wa ti kuBalami, Woza, ngi ya kuncenga; ngi ku lete kwenye indawo, umhlaumbe uTixo a nga vuma ukuba u ngi qalekisele bona lapo.

28 uBalaki wa yisa uBalami pezu kwePeori, eli beke nga kuJeshimone.

29 uBalami wa ti kuBalaki, Ngakele lapa amalati a isikombisa, u ngi lungisele lapa izinkabi ezi isikombisa nezinqama ezi isikombisa.

30 uBalaki wenza njengokutyo kukaBalami, wa nikela inkabi nenqama kuwo onke amalati.

ISAHLUKO 24.

LAPO uBalami e bona ukuba uJehova u funa ukubusisa abaIsraeli, a ka yanga, njengasezikatini, ukufuna izanusi, kodwa wa bhekisa ubuso ngasehlane.

2 uBalami wa vula amehlo ake, wa bona abaIsraeli be hlezi kotente babo njengezizwe zabo; umoya ka Jehova wa m fikela.

3 Wa kuluma umfanekiso wake, wa ti, uBalami indodana ka Beori, u te, nomuntu amehlo ake e vuliwe, u te:

4 U te, ozwileyo amazwi ka Tixo, no si bonile isiboniso sika Mninimandhla, kungati u file, kodwa amehlo ake e vulekile.

5 Ku kulu ukulunga kotente bako O Jakobe, namaTabanekele ako, O Israeli.

6 Njengezigodi zandile, njengamasimu ngasemfuleni, njengemiti yemiyahali e ya tyalwa uJehova, na njengemiti yesedare eduze namanzi.

7 U ya kuwatulula amanzi ezityeni zake, nembeu yake i ya kuba semanzini amaningi, nenkosi yake i yakuba ngapezu kuka Agage, nobukosi bake bu ya kupakama.

8 uTixo wa m kipa Egipite, u nawo amandhla kungati a wendhluzele, u ya kuzidhla izita zake ezizweni, a pule amatambo azo, a zi gwaze ngemicibityolo yake,

9 Wa nyonyoba, wa lala njengengonyama, na njengengonyoma enkulu ubani o ngamvusayo na? u Busisiwe o ku busisayo, u qalekisiwe oku qalekisayo.

10 Ulaka luka Balaki lwa vuta kuBalami, wa tyaya izandhla zake wa ti kuBalami, Ngi ku bizele ukuba u qalekise izita zami kepa bheka, u su zi busisile katatu.

11 Manjeke baleka u ye endaweni yako; be ngi cabanga ukukunika udumo olukulu; kodwa, uJehova u ku vimbele kulolo dumo.

12 uBalami wa ti kuBalaki, A ngi tyongo kuzo izigijimi o bu zi tumile kimina, nga ti.

13 Uma uBalaki e ngi nika indhlu yake i gcwele nesiliva negolide, a ngi nakusidhlula isiyalezo sika Jehova, ukwenza okuhle nokubi ngeyami inhliziyo; kodwa oku tyiwo uJehova, i loko e ngi ya kukuluma na?

14 Manjeke, bheka, ngi buyela kubantu bami; woza, ngo ku tyela oku ya kwenziwa i laba bantu, kwabako ezinsukwini ezizayo.

15 Wa kuluma umfanekiso wake wa ti, uBalami indodana ka Peori u te, nomuntu amehlo ake e vulekile u te;

16 U tyilo, o wa zwileyo amazwi ka Tixo, no ku qondileyo ukwazi kopakemeyo, o si bonileyo isiboniso sika Mninimandhla, kungati u file, kodwa amehlo ake e vuliwe:

17 Ngi ya kumbona, kodwa qa manje: ngi ya kumbheka, kodwa qa eduze: ku ya kuvela inkanyezi kuJakobe, intonga i ya kuvuka kubaIsraeli, i tyaye amacala akwa Moabi i bulale bonke abantwana baka Seti.

18 iEdomi li ya kuba ifa, neSira li ya kudhliwa izita zalo, nabo abakwa Israeli benze o kobuqawe.

19 Kwa Jakobe ko puma o ya kubusa, a bulale o ya kusala wa semzini.

20 Lapo e buka uAmaleki, wa kuluma umfanekiso wake, wa ti, uAmaleki

wa e ngowokuqala wezizwe; kodwa
ukugcina kwake ko ba ukuba a fe ku ze
ku be pakade.
21 Wa bheka amaKeni, wa kuluma
umfanekiso wake, wa ti, Ukuhlala kwa-
ko ku namandhla, nesidhleke sako u si
faka etyeni.
22 Noko o wa seKeni u ya kucitwa,
a ze a ku tumbe uAsheri.
23 Wa kuluma umfanekiso wake, wa
ti, Imbala, ubani o nga pilayo lapo uTixo
e kwenza loku na?
24 Imikumbi i ya kuvela osebeni lwa
se Kittime, i hlupe uAsheri, noEbere,
naye futi a fe ku ze ku be pakade.
25 uBalami wa vuka, wa hamba, wa
buyela endaweni yake; noBalaki wa ya
ngeyake indhlela.

## ISAHLUKO 25.

ABAKWA Israeli ba hlala eShittimu
nabantu ba qala ukwenza ubufebe
namadodakazi ase Moabi.
2 Ba bizela abantu emihlatyelweni ye-
zitixo zabo; nabantu ba dhla, ba kota-
mela izitixo zabo.
3 Abakwa Israeli ba zihlangenisa no-
Baal-peori ulaka luka Jehova lwa vuta
ngabo abakwa Israeli.
4 Wa ti uJehova kuMosi, Tabata bo-
nke aba izikulu zabantu, u ba panyeke
ngapambi kuka Jehova nga selangeni,
ukuze ulaka olukulu luka Jehova lu su-
ke kuba Israeli.
5 uMosi wa ti kubahluleli bakwa
Israeli, Bulalani bonke abantu aba hla-
ngana noBaal-peori.
6 Kwa ti, bheka, omunye wa kwa
Israeli, wa fika wa leta kubafo wabo na
semehlweni ka Mosi umfazi wa kubo
aba seMidiani, nasemehlweni alo lonke
ibandhla lakwa Israeli, e la li kala nga-
semnyango wetabanekele lebandhla.
7 Lapo uFinehasi, indodana ka Elea-
zari, indodana ka Aroni umpristi, e ku
bona loko, wa suka e sebandhleni, wa
tabata umkonto.
8 Wa landela indoda yakwaIsrael i se-
tenteni wa ba gwaza bobabili, indoda
ka Israeli, nomfazi esisiwini sake, nja-
loke ukufa kwa pela kubantwana baka
Israeli.
9 Abafayo ku lokokufa ba be izi-
nkuluugwane ezi ngamashumi amabili
nane.
10 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,
11 uFinehasi indodana ka Eleazari
indodana ka Aroni umpristi, u lu kali-
mile ulaka lwami kubantwana baka
Israeli, ngokuba e ba tanda ngenxa ya-
mi, ukuze ngi nga ba qedi abantwana
baka Israeli olakeni lwami.
12 Njaloke yityo, Ngi m nika isivume-
lwano sami sokutula:
13 U ya kuba naso, nenzalo yake emva
kwake, isivumelwano sobupristi obunga-
peliyo, ngokuba wa m kutalela uTixo
wake, wa mela abantwana baka Israeli.
14 Igama lo wa bulawayo wakwa Isra-
eli, o wa bulawa kanye nomfazi wa se-
Midiani, la li nguZimri, indodana ka
Salu, inkosana yendhlu enkulu yaba-
kwaSimeoni.
15 Negama lomfazi owa bulawayo la
li ngu Kozbi, indodakazi ka Zuzi, wa e
inhloko kubantu, nendhlu enkulu eMi-
diani.
16 uJehova wa kuluma kuMosi, wa
ti,
17 Hlupa abaseMidiani, u ba tyaye;
18 Ngokuba ba ya kuhlupa ngemiku-
ba yabo, a ba ku fikele ngayo ngendaba
yakwa Peori, na ngendaba ka Kozbi,
indodakazi yenkosana yase Midiani,
udade wabo, o wa bulawa ngosuku loku-
fa ngenxa ka Peori.

## ISAHLUKO 26.

KWA ti ngasemva kokufa, uJehova
wa kuluma kuMosi nakuEleazari
indodana kaAroni umpristi, wa ti,
2 Balani ibandhla lonke labantwana
baka Israeli, ku suke kwa ba minyaka e
ngamashumi amabili nangapezulu, ezi-
ndhlini za oyise, bonke abakwa Israeli
aba namandhla ukulwa.
3 uMosi noEleazari umpristi ba kulu-
ma kubona ematafeni aseMoabi ngase-
Jordani, eduze neJeriko, ba ti,
4 Balani abantu, ku suke kwaba mi-
nyaka e ngamashumi amabili na ngape-
zulu; njengesiyalezo sika Jehova kuMosi
nabantwana baka Israeli, aba pumileyo
ezweni lasEgipite.
5 uRubeni izibulo lika Israeli, aba-
ntwana bakaRubeni, uHanoki, o kwa-
vela kuye indhlu yabakwaHanoki no-
Pallu, indhlu yabakwaPallu.
6 uHezroni indhlu yabakwaHezroni,
uKarmi, indhlu yabakwaKarmi.
7 Laba ba izindhlu za kwaRubeni aba
balwayo kubo ba be izinkulungwane ezi-
ngamashumi amane nantatu namakulu
a isikombisa namashumi amatatu.
8 Amadodana kaPallu, uEliabi.
9 Amadodana ka Eliabi, uNemueli, no-

Datane, noAbiramu, a ba be dumile ebandhleni, na ba xabana noMosi noAroni be kulo ibandhla lika Kora, lapo ba be xabene noJehova.

10 Umhlaba wa vula umlomo wawo, wa ba gwinya bonke kanye noKora, ekufeni kwa lelo bandhla, ngesikati sokuba umlilo u qede amadoda a ngamakulu amabili namashumi a isihlanu: Bona ba ba isibonakaliso.

11 Noko abantwana baka Kora ka ba fanga.

12 Amadodana ka Simeoni ngezindhlu zawo; aka Nemueli, indhlu yabakwa-Nemueli: aka Jamini, indhlu yabakwa-Jamini: aka Jakini, indhlu yabakwa-Jakini:

13 Aka Zera, indhlu yabakwaZera: aka Shaule, indhlu yabakwaShaule.

14 Lezi zi izindhlu zabakwaSimeoni, izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili namakulu amabili.

15 Abantwana baka Gadi, ngezindhlu zabo: aba ka Zefoni, indhlu yabakwa-Zefoni: aba kwa Hagi, indhlu yabakwa Hagi: aba kwa Shuni, indhlu yabakwa Shuni.

16 Aba ka Ozni, indhlu yabakwa-Ozni: aba ka Eri, indhlu yabakwaEri.

17 Aba ka Arodi, indhlu yabakwaArodi: aba ka Areli, indhlu yabakwaAreli.

18 Lezi zi izindhlu zabantwana baka Gadi njengababalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi amane namakulu a isikombisa.

19 Amadodana ka Juda a e nguEri no-Onani, uEri noOnani ba fa ezweni lase Kenani.

20 Amadodana aka Juda ngezindhlu zawo; a e nguShela, indhlu yabakwa Shela: naka Farezi, indhlu yabakwa Farezi: nakaZara, indhlu yabakwa Zara.

21 Amadodana aka Farezi, a e nguHezroni, indhlu yabakwaHezroni, naka Hamuli, indhlu yabakwaHamuli,

22 Lezi zi izindhlu zakwaJuda njengababalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa nesitupa namakulu a isihlanu.

23 Amadodana ka Isakari ngezindhlu zawo: aka Tola, indhlu yabakwaTola: aka Pua, indhlu yabakwaPua:

24 Aka Jashube, indhlu yabakwaJashube: aka Shimroni, indhlu yabakwa-Shimroni.

25 Lezi zi izindhlu zika Isakari njengababalwayo kubo izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa nane namakulu amatatu.

26 Amadodana ka Zebuloni ngezindhlu zawo: aka Seredi, indhlu yabakwaSardi: aka Eloni, indhlu yabakwaEloni: akaJaleli, indhlu yabakwaJaleli.

27 Lezi zi izindhlu zabakwa Zebuloni njengababalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa namakulu a isihlanu.

28 Amadodana ka Josefa ngezindhlu zawo a e nguEfraimi noManasa.

29 Amadodana ka Manasa: aka Makiri, indhlu yabakwaMakiri: wa zala uGiladi: kuGiladi kwa vela indhlu yabakwaGiladi.

30 Lawa a ngamadodana kaGiladi, uJezere, indhlu yabakwaJezere: uHeleke, indhlu yabakwaHeleke.

31 Kwa Asriele, indhlu yabakwaAsriele: kwa Shekemi, indhlu yabakwaShekemi

32 KwaShemida, indhlu yabakwaShemida: kwa Heferi, indhlu yabakwa-Heferi.

33 uZelofehade indodana ka Heferi a wa zalanga amadodana, amadodakazi kupela amagama awo a e nguMala, no-Noa, noHogla, noMilka, noTirza.

34 Lezi zi izindhlu zakwa Manasa, aba balwayo kubo ba be izinkulungwane ezingamashumi a isihlanu nambili namakulu a isikombisa.

35 Lawa a ngamadodana ka Efraimi ngezindhlu zawo; uShutela, indhlu yabakwaShutela: aka Bekeri, indhlu yabakwaBekeri: aka Tahane, indhlu yabakwaTahane.

36 Lawa a ngamadodana ka Shutela; aka Erani, indhlu yabakwa Erani.

37 Lezi zi izindhlu zamadodana ka Efraimi njengokubalwa kwawo, izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nambili namakulu a isihlanu, Lawa a ngamadodana ka Josefa, ngezindhlu zawo.

38 Amadodana ka Benjamini ngezindhlu zawo: aka Bela, indhlu yabakwaBela: akaAshbeli, indhlu yabakwa Ashbeli: aka Ahiramu, indhlu yabakwaAhiramu.

39 Aka Shufami, indhlu yabakwa-Shufami: aka Hufami, indhlu yabakwa-Hufami.

40 Amadodana ka Bela a e nguArda no-Namani: aka Arda, indhlu yabakwa Arda: naka Namani, indhlu yabakwa-Namani,

41 Lawa a ngamadodana ka Benjami-
ni ngezindhlu zawo ; aba balwayo kubo
ba be izinkulungwane ezi ngamashumi
amane nesihlanu namakulu a isitupa.
42 Lawa a ngamadodana ka Dani nge-
zindhlu zawo: aka Shuhami, indhlu ya-
bakwa Shuhami, Lezi zi izindhlu za
kwa Dani ngezindhlu zabo.
43 Bonke aba kwa Shuhami, njengo-
kubalwa kwabo ba be izinkulungwane
ezi ngamashumi a isitupa nane nama-
kulu amane.
44 Abantwana baka Asheri ngezindhlu
zabo: aba ka Jimna, indhlu yabakwa-
Jimna: aba ka Isui, indhlu yabakwa-
Isui: aba ka Beria, indhlu yabakwa-
Beria.
45 Kumadodana ka Beria: aka He-
beru, indhlu yabakwaHeberu: aka Ma-
lekile, indhlu yabakwaMalekile.
46 Igama lendodakazi ka Asheri la li
nguSara.
47 Lezi zi izindhlu zamadodana ka
Asheri, njengokubalwa kwabo; izinku-
lungwane ezi ngamashumi a isihlanu
nantatu namakulu amane.
48 Amadodana ka Naftali ngezindhlu
zawo: aka Jazeli, indhlu yabakwaJa-
zeli: aka Guni, indhlu yabakwaGuni:
49 Aka Jezeri, indhlu yabakwaJezeri:
aka Shilemi, indhlu yabakwaShilemi.
50 Lezi zi izindhlu zakwa Naftali nje-
ngezindhlu zabo; aba balwayo kubo ba
be izinkulungwane ezi ngamashumi
amane nesihlanu namakulu amane.
51 Laba aba balwayo kubantwana ba-
ka Israeli, ba be izinkulungwane ezi
ngamakulu a isitupa nenkulungwane
namakulu a isikombisa namashumi
amatatu.
52 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,
53 Izwe li ya kudatyulelwa laba li be
ifa labo njengobuningi bamagama abo.
54 Abaningi u ya kubanika ifa eliku-
lu, aba incozana u ba nike ifa eli inco-
zana; ifa li nikwe ku lowo njalo njénga-
babalwayo bake.
55 Noko izwe li ya kudatyulwa nge-
nkato: njengamagama ezizwe za oyise
aba ya kulifuya.
56 Njengenkato izwe li ya kwahluka-
niswa kwabaningi na kwa ba inco-
zana.
57 Laba ibona aba balwayo kubaLevi
ngezindhlu zabo: abakwa Gershoni,
indhlu yabakwaGershoni: abakwa Ko-
hati, indhlu yabakwaKohati: aba kwa
Merari, indhlu yabakwaMerari.
58 Lezi zi indhlu zabaLevi: indhlu
yabakwaLibni, indhlu yabakwaHebro-
ni, indhlu yabakwaMali, indhlu yaba-
kwaMushi, indhlu yabakwaKohati.
uKohati wa zala uAmramu.
59 Igama lomka Amramu la li ngu-
Jokebede indodakazi ka Levi, o wa za-
lelwa uLevi Egipite: yena wa zalela
uAmramu uAroni noMosi, noMiriamu
udade wabo.
60 uAroni wa zala uNadabi, noAbihu,
noEleazari, noItamari,
61 uNadabi noAbihu ba fa, ekunike-
leni kwabo umlilo ongaziwayo ngapa-
mbi kuka Jehova.
62 Aba balwayo kubo ba be izinkulu-
ngwane ezingamashumi amabili nanta-
tu, bonke be isilisa ku suke kwabenya-
nga inye nangapezulu ubudala babo;
ngokuba a ba balwanga naba kwa Isra-
eli, ngokuba a ba li nikwanga ifa kanye
nabakwaIsraeli.
63 Ilaba abalwayo uMosi no Eleazari
umpristi, aba bala abakwaIsraeli ema-
tafeni a seMoabi, ngaseJordani eduze
naseJeriko.
64 Kodwa kwaku ngeko no yedwa ku
laba aba balwa nguMosi noAroni umpri-
sti lapo ba be bala aba kwa Israeli ehla-
ne lase Sinai.
65 Ngokuba uJehova wa e tyilo nga-
bo, Ba ya kufela ehlane impela. A ku
salanga muntu kubona, uKalebi indo-
dana ka Jefuna, noJoshua indodana ka
Nuni, kupela;

## ISAHLUKO 27.

KWA se kuza amadodakazi ka Zelo-
fehade, indodana ka Heferi, indoda-
na ka Giladi, indodana ka Makiri,
indodana ka Manasa, izindhlu za ba
kwa Manasa indodana ka Josefa: Lawa
amagama amadodakazi ake; uMala, no-
Noa, noHogla, noMilka, noTirza.
2 Bema ngapambi kuka Mosi, na nga-
pambi kukaEleazari umpristi, na nga-
pambi kwamakosana nebandhla lonke,
ngasemnyango wetabanekele lebandhla,
be ti,
3 uBaba wetu wa fa ehlane wa e
ngeko ebandhleni laba be pambene no-
Jehova ebandhleni lika Kora; kodwa
wa fa ezonweni zake, e nge namado-
dana.
4 Igama lika baba li pelelani kwa
bendhlu yake na? ngokuba e nge na-
ndodana na? si nikenike nati i fa kulo
e labafo wabo ka baba.

5 uMosi wa i leta ngapambi kuka Jehova indaba yabo.

6 uJehova wa kuluma ku Mosi, wa ti,

7 Amadodakazi ka Zelofehade a kuluma kahle: impela ma u ba nike ifa kwe labafo wabo ka yise, u buyisele ifa lika yise kubona.

8 U kulume kubantwana baka Israeli, u ti, uma umuntu e fa, e nge nandodana ma ni buyisele ifa lake endodakazini.

9 Uma e nge nayo indodakazi ifa lake, li nikeni abafo wabo.

10 Uma e nge nabo abafo, li nikeni abafo wabo ka yise.

11 Uma uyise e nge nabafo wabo ifa lake li nikeni isihlobo sake sa sendhlini yakwabo, sona si li fuye: ku ze ku be isimiso somteto kubo abakwa Israeli, njengesiyalezo sika Jehova kuMosi.

12 uJehova wa ti kuMosi, Kupukela entabeni iAbarime, u bone izwe e ngi li nikileyo abakwa Israeli.

13 Lapo se u li bonile, nawe u ya kubutelwa kubantu bakini, njengoAroni umfo wenu.

14 Ngokuba na hlubuka esiyalezweni sami ehlane la se Zini, ekuxabaneni kwebandhla, uku ngenza ngcwele emanzini ngapambi kwamehlo abo: amanzi a se Meriba eKadeshi ehlane la se Zini.

15 uMosi wa kuluma kuJehova, wa ti,

16 uJehova, uTixo wemimoya yonke yenyama, ma ka mise umuntu pezu kwebandhla.

17 O ya ku puma pambi kwabo, no ya kungena pambi kwabo a ba kipe, a ba ngenise; ukuze ibandhla lika Jehova li ngabi njengezimvu ezi nge namalusi.

18 uJehova wa ti kuMosi, Tabata uJoshua indodana ka Nuni, umuntu o nomoya, u beke isandhla sako pezu kwake;

19 U m mise ngapambi kuka Eleazari umpristi na ngapambi kwebandhla lonke; u m nike isiyalezo emehlweni abo.

20 U beke udumo lwako pezu kwake, ukuze lonke ibandhla lakwa Israeli li m lalele.

21 E me ngapambi kuka Eleazari umpristi, o ya kumcelela ubusiso ngapambi kuka Jehova ngokwabela kuka Urimi ngokutyo kwake ba ya kupuma, ba ngene, yena kanye nabo bonke abakwa Israeli, nalo lonke ibandhla.

22 uMosi wa senza isiyalezo sika Jehova wa tata uJoshua, wa m beka pambi kuka Eleazari umpristi, na ngapambi kwebandhla lonke:

23 Wa beka izandhla zake pezu kwake, wa m nika isiyalezo, njengokutyo kuka Jehova ngesandhla sika Mosi.

## ISAHLUKO 28.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi, wa ti,

2 Yaleza abakwa Israeli, u ti kubona, Umnikelo wami, nesinkwa somhlabelo wami womlilo, okwepunga elimnandi kimina, ni ya kunikela kimi ngezikati zako.

3 Uti futi kubona, Umnikelo womlilo e ni ya kuwunikela kuJehova; Amacwane amabili a nge nabala amnyaka munye imihla ngemihla njalo, kube umnikelo womlilo omayo njalo.

4 Elinye icwane ni ya kulihlaba kusasa, nelinye kusihlwa;

5 Nenxenye yeshumi yeefa lempupu li be umnikelo wokudhla, li xubene nenxenye yobune yehini lamafuta a gaiweyo.

6 Loku ku umnikelo wokutyiswa omayo njalo, o wa miselwa u be ipunga elimnandi entabeni iSinai, umhlabelo womlilo ku Jehova.

7 Nomnikelo wokupuza; kulo icwane linye u ya kuba inxenye yobune yehini, wenze ukuba iwaini eli namandhla li telelwe uJehova li be umnikelo wokupuza endaweni e ingcwele.

8 Nelinye icwane ni li hlabe kusihlwa; li be umnikelo wokudhla wa kusasa, nowokupuza, ni ku nikele, umnikelo womlilo, wepunga elimnandi kuJehova.

9 Na ngosuku lwesabata amacwane amabili a nge nabala amnyaka munye, nokweshumi kwempupu izilinganiswana ezimbili ku be umnikelo wokudhla, e xubene namafuta, nomnikelo wokupuza kwako:

10 Loku ku umnikelo otyiswayo wamasonto onke, ngapandhle kwawo omayo njalo, nowake wokupuza.

11 Nasekuqaleni kwezinyanga zenu, ni ya kunikela umnikelo otyiswayo kuJehova; izinkabi ezimbili ezintya nenqama, namacwane a isikombisa a nge nabalo amnyaka munye;

12 Nokweshumi izilinganiso ezintatu zempupu ku be umnikelo wokudhla e xubene namafuta, enkabini inye; nokweshumi izilinganiso ezimbili ze-

mpupu umnikelo wokudhla, u xubene namafuta kuyo inqama inye;
13 Nezinxenyana zezilinganiso zempupu e xubene namafuta kuwo umnikelo wecwane linye; ku be umnikelo wepunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.
14 Neminikelo yabo yokupuza i ya kuba inxenye yehini lewaini enkabini inye, nenxenye yesitatu yehini enqameni, nenxenye yobune ecwaneni, loku ku umnikelo wezinyanga njalo ngomnyaka wonke.
15 Nezinyane lembuzi li nikelwe kuJehova li be umnikelo wesono, ngapandhle kweminikelo yonke etyiswayo, neyokupuza.
16 Nangosuku lweshumi nane lwenyanga yokuqala lu ipasika lika Jehova.
17 Nangosuku lweshumi nesihlanu lwayo lenyanga olokudhla; isinkwa esi nge nambiliso si dhliwe izinsuku ezi isikombisa,
18 Ngosuku lokuqala ku be umhlangano o ingcwele; ni nga yenzi imisebenzi yenu ngalo;
19 Kodwa ni ya kunikela umnikelo womlilo u be umnikelo otyisiweyo kuJehova; izinkabi ezimbili, ezintya nenqama inye, namacwane a isikombisa amnyaka munye: a za kuba kinina oku nge nabala:
20 Nomnikelo wako wokudhla u ya kuba impupu i xubene namafuta okweshumi kwezilingeniso ezintatu ni nikele kwenye inkabi, nokweshumi kwezilinganiso ezibili kulo icwane;
21 Nezinxenyana zesilinganiso u nikele ecwaneni linye, kuwo onke a isikombisa:
22 Nembuzi inye, umnikelo wezono, ku be ukusindiswa kwenu.
23 Ni nikele loku ngapandhle komnikelo wakusasa, ku be umnikelo otyiswayo omayo njalo.
24 Kanjaloke ni nikele zonke izinsuku, kuzo ezi isikombisa, ukudhla komnikelo womlilo, o ipunga elimnandi kuJehova; ko nikelwa ngapandhle komnikelo otyisiweyo omayo njalo, nowokupuza.
25 Na ngosuku lwesikombisa ni ya kuba nomhlangano o ingcwele; ni nga wenzi umsebenzi wenu wemihla,
26 Futi ngosuku lwezitelo ezi ulibo, lapo ni letayo umnikelo omutya wokudhla kuJehova, e se pelile amasonto enu, ni be nomhlangano o ingcwele; ni nga wenzi umsebenzi wemihla:
27 Kodwa ni wu nikele umnikelo u be ipunga elimnandi kuJehova; izinkabi ezimbili ezintya, inqama i benye, namacwane a isikombisa amnyaka munye;
28 Nomnikelo wabo wempupu u xubene namafuta, izilinganiso ezintatu zempupu enkabini inye, izilinganiso ezimbili enqameni inye.
29 Isilinganiso esincinyane ecwaneni linye, emacwaneni.
30 Nelinye izinyane lembuzi, ni hlaule ngalo.
31 Ni nikele lona ngapandhle komnikelo otyiswayo omayo njalo, nowokudhla, (loko ku be kinina oku nge na bala) neminikelo yabo yokupuza.

## ISAHLUKO 29.

NA ngenyanga yesikombisa, ngosuku lokuqala lwayo, ma ni be nomhlangano o ingcwele; ni nga wenzi umsebenzi wemihla: ku ngusuku lokutyaya amatilongo kinina.
2 Ni nikele umnikelo otyiswayo u be ipunga elimnandi kuJehova, inkabi inye entya, inqama inye, namacwane a isikombisa amnyaka munye, a nge nabala;
3 Nomnikelo wako wokudhla u ya kuba impupu i xubene namafuta, izilinganiso ezintatu zokweshumi enkabini inye, nezimbili enqameni,
4 Nesilinganiso si be sinye ecwaneni linye, kuwo onke a isikombisa:
5 Nezinyane li be linye lembuzi, li be umnikelo wezono, ni hlaule ngalo;
6 Ngapandhle komnikelo otyiswayo wenyanga, nomnikelo wokudhla, nomnikelo wemihla otyiswayo, nomnikelo wokudhla, nowokupuza, njengokuma kwayo, ipunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.
7 Ngalolusuku lweshumi enyangeni yesikombisa ma ni be nomhlangano o ingcwele; ni hlupe imipefumulo yenu: ni nga sebenzi luto nga lolosuku:
8 Kodwa ni nikele umnikelo otyiswayo kuJehova wepunga elimandi, inkabi entya i benye, nenqama, namacwane a isikombisa amnyaka munye; a nga bi nabala kinina.
9 Nomnikelo wabo wokudhla u be impupu i xubane namafuta, izilinganiso ezintatu zokweshumi enkabini inye, nezilinganiso ezimbili enqameni.
10 Nezinxenyana zokweshumi ecwaneni linye, kuwo onke a isikombisa:

11 Izinyane li be linye lembuzi li be umnikelo wezono; ngapandhle kowokuhlaula, nomnikelo otyiswayo njalo, nomnikelo wokudhla, nowokupuza.

12 Na ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga yesikombisa, ma ni be nomhlangano o ingcwele; ni nga wenzi umsebenzi wemihla, ni be nokudhla kuJehova izinsuku ezi isikombisa:

13 Ni nikele umnikelo otyiswayo, umhlatyelo womlilo, wepunga elimnandi kuJehova; izinkabi ezintya ezi ishumi nantatu, nezinqama ezimbili, namacwane a ishumi nane amnyaka munye; a be a nge nabala:

14 Nomnikelo wako wokudhla u ya kuba impupu i xubene namafuta, izilinganiso ezintatu zokweshumi enkabini inye kuzo ezi ishumi nantatu, nezilinganiso ezimbili zokweshumi enqameni inye, kuzo zombili,

15 Nenxenye i benye ecwaneni kuwo onke a ishumi nane:

16 Nezinyane li be linye ezimbuzini li be umnikelo wezono; ngapandhle komnikelo otyisiweyo omayo njalo, umnikelo wake wokudhla nowokupuza.

17 Na ngosuku lwesibili ni ya kunikela izinkabi ezintya ezi ishumi nambili, nezinqama ezimbili, namacwane a ishumi nambili a nge nabala;

18 Nomnikelo wako wokudhla nowokupuza, wezinkabi, nowezinqama, nowamacwane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

19 Nezinyane li be linye ezimbuzini li be umnikelo wezono, ngapandhle kwawo omayo njalo, nowokudhla, nowokupuza.

20 Na ngosuku lwesitatu izinkabi ezi ishumi nanye, izinqama ezimbili namacwane a ishumi nane amnyaka munye a nge nabala.

21 Nominikelo wako wokudhla nowokupuza, wezinkabi, nowezinqama, nowamacwane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo.

22 Nembuzi inye i be umnikelo wezono; ngapandhle kwawo otyisiweyo omayo njalo, nowokudhla, nowokupuza.

23 Na ngosuku lobune izinkabi ezi ishumi, nezinqama ezimbili, namacwane a ishumi nane amnyaka munye a nge nabala:

24 Umnikelo wako wokudhla, nowokupuza wezinkabi, nezinqama, namacwane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

25 Izinyane li be linye lembuzi li be umnikelo wezono; ngapandhle kwawo otyiswayo omayo njalo, owokudhla nowokupuza.

26 Na ngosuku lwesihlanu izinkabi ezi isishiyagalolunye, izinqama ezimbili, namacwane a ishumi nane amnyaka munye, a nge nabala:

27 Nowokudhla, nowokupuza wezinkabi, nowezinqama, nowamacwane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

28 Nembuzi inye i be umnikelo wezono; ngapandhle kotyiswayo omayo njalo, nowokudhla, nowokupuza.

29 Na ngosuku lwesitupa izinkabi ezi isishiyagalombili, izinqama ezimbili, namacwane a ishumi nane, amnyaka munye, a nge nabala.

30 Nowokudhla nowokupuza wezinkabi, nowezinqama, nowamacwane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo.

31 Nembuzi inye yomnikelo wesono ngapandhle kwawo otyiswayo omayo njalo, owokudhla, nowokupuza.

32 Na ngosuku lwesikombisa izinkabi ezi isikombisa, izinqama ezimbili, namacwane a ishumi nane amnyaka munye a nge nabala;

33 Nowokudhla, nowokupuza, wezinkabi, nezinqama, namacwane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

34 Nembuzi inye i be owezono; ngapandhle kwawo otyiswayo, omayo njalo, nowokudhla nowokupuza.

35 Ngosuku lwesishiyagalombili ni ya kuba nomhlangano o ingcwele: ni nga sebenzi okwemihla ngalo:

36 Kodwa ni nikele umnikelo otyisiweyo, umhlatyelo womlilo, wepunga elimnandi kuJehova; inkabi nenqama, namacwane a isikombisa amnyaka munye, a nge nabala.

37 Umnikelo wako wokudhla nowokupuza wenkabi, nenqama, nowamacwane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

38 Nembuzi i be owezono; ngapandhle kotyiswayo omayo njalo, nowokudhla nowokupuza.

39 Loku ni ya kukwenzela uJehova ekudhleni kwenu okumisiweyo, ngapandhle kwezifungo zenu, nezipo zenu zenhliziyo, nezityiswayo, nezokudhla, nezokupuza, nezokutula.

40 uMosi wa ba tyela abakwa Israeli ngako konke a yalezwe ngako uJehova.

## ISAHLUKO 30.

UMOSI wa tyo ezikulwini zezizwe
ngabo abakwa Israeli, e ti, Lesi si
isiyalezo sika Jehova.
2 Uma umuntu e funga isifungo ku-
Jehova, e funga ngenhliziyo yake, a ka
yi kulapula izwi lake, u ya kukwenza
konke oku pumayo emlonyeni wake.
3 Noma owesifazana e funga isifungo
kuJehova, e zibopa na ngesibopo, e se-
ndhlini ka yise, ebutyeni bake;
4 Noyise e si zwa isifungo sake, nesi-
bopo a bope ngaso umpefumulo wake, no-
yise e m yeka nje: izifungo zake zonke
zi ya kuma, nezibopo zonke a bope nga-
zo umpefumulo wake zi ya kuma.
5 Kodwa uma uyise e m nqabela ngo-
suku lokuzwa kwake loko, a zi yi kuma
zonke izifungo, zake nezibopo zake a
bope ngazo umpefumlo wake; uJehova
u ya ku m yekela, ngokuba uyise u
m nqabele.
6 Uma e be nendoda lapo e fungayo, e
kipa namagama, oku bopa umpefumulo
wake;
7 Nendoda yake i ku zwile loko, ya
tula ngokuzwa kwayo loko; lapoke zi
ya kuma izifungo zake, nezibopo a bope
ngazo umpefumulo wake, zi ya kuma.
8 Kodwa uma indoda yake i m nqa-
bela ngosuku lokuzwa kwayo loko; i ya
kumenza ukuba a funge isifungo sake,
nakutyiloyo ngomlomo wake ukubopa
umpefumulo wake, ku nga bi luto: uJe-
hova u ya ku m yekela.
9 Kodwa zonke izifungo zomfelokazi,
naye ohlukanisiweyo nendoda yake, aba
bope ngazo imipefumulo yabo, zi ya ku-
ma pezu kwake.
10 Kodwa uma e funge endhlini ye-
ndoda yake, noma e bopile umpefumulo
wake ngesifungo;
11 Indoda yake i ku zwile, ya tula,
a ya m nqabela; izifungo zonke zake zi
ya kuma, nezibopo zonke a bope ngazo
umpefumulo wake zi ya kuma.
12 Kodwa uma indoda yake i zi nqa-
bile impela ngosuku lokuzizwa kwayo,
lapoke okupumayo emlonyeni wake
ngezifungo zake, na ngesibopo sompefu-
mulo wake, a ku yi kuma: indoda yake i
konile loko; noJehova u ya ku m yekela.
13 Zonke izifungo, nezibopo zokuhlu-
pa umpefumulo, indoda yake i nga zi
misa, noma i nga zona.
14 Kodwa uma indoda yake i tula nja-
lo ngezinsuku zonke; i ya zi vumake
zonke izifungo zake, nezibopo zake, ezi
pezu kwake; i ya zi vumela ngokuba i
tulile ngosuku lokuzizwa kwayo.
15 Kodwa uma e kona loko e se ku
zwile konke; ububi bake bu ya kuba
pezu kwake.
16 Loku ku imiteto, e ya yalezwa uJe-
hova kuMosi, pakati kwendoda nomka-
yo, na kuyise nendodakazi, yona i se
intombi endhlini ka yise.

## ISAHLUKO 31.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi, wa ti,
2 Pindisela abakwa Israeli kuma-
Midiani na ngasemva kwa loku u ya
kubutelwa kubantu bakini.
3 uMosi wa kuluma kubantu, wa ti,
Abanye benu ma ba hlomele impi, ba
lwe namaMidiani ba pindisele uJehova
kumaMidiani.
4 Ku leso sizwe njalo inkulungwane,
na kuzo zonke izizwe zakwa Israeli ni
zi tumele empini.
5 Ngakoke kwa vela ezinkulungwa-
neni zakwa Israeli, inkulungwane njalo
ku leso sizwe, izinkulungwane ezi ishu-
mi nambili zi hlomele impi.
6 uMosi wa ba tumela empini, inkulu-
ngwane njalo kuleso sizwe, bona no-
Finehasi, indodana ka Eleazari umpri-
sti, empini, kanye nezingumbu ezi
ingcwele namatilongo okubetwa esa-
ndhleni sake.
7 Ba lwake namaMidiani, njengokutyo
kuka Jehova kuMosi; ba bulala sonke
isilisa kubona.
8 Ba bulala amakosi akwa Midiani,
ngapandhle kwabanye aba bulawayo;
uEvi, noRekemu, noZuri, noHuri, no-
Reba, amakosi a isihlanu akwa Midiani
noBalami indodana ka Beore ba m bula-
la ngenkemba.
9 Naba kwa Israeli ba tata bonke aba
isifazana bakwa Midiani, nezingane za-
bo, nezinkomo zonke zabo, nemihlambi
yonke yabo, nempahla yonke yabo.
10 Ba i tyisa yonke imizi yabo lapo
ba be hlezi kona, nezinqaba zonke zabo
ezinhle.
11 Ba i tata yonke impango nempahla,
yabantu ne yezilwane.
12 Ba ba leta abantu, nempango, ne-
mpahla, kuMosi, nakuEleazari umpristi,
na sebandhleni laba kwa Israeli, ekam-
wini ematafeni akwa Moabi a nga se-
Jordani eduze neJeriko.
13 uMosi, noEleazari umpristi, nawo
onke amakosana ebandhla, a puma uku-
bahlangabeza ngapandhle kwekamu.

14 uMosi wa zi tukutelela izinduna zebandhla, izinduna zezinkulungwane nezamakulu, e za vela empini.

15 uMosi wa ti kubona, Abesifazana ni ba sindise bonke na?

16 Bheka, ibo laba abenza ukuba aba kwa Israeli bone, ngesiyalezo sika Balami, bone kuJehova endabeni ya kwa Peori: kwa ba kona inhlupeko ebandhleni lika Jehova.

17 Manjeke bulalani sonke isilisa kwabancane, nabesifazana bonke aba yaziyo indoda ngokulala nayo.

18 Kodwa onke amantombazana a ngayaziyo indoda ngokulala nayo, zi londeleni wona.

19 Ni hlale ngapandhle kwekamu izinsuku ezi isikombisa: ku ti o bulele umuntu, no si patileyo isidumbu, ni zi hlambulule nina kanye nezibotywa zenu ngosuku lwesitatu, na ngolwesikombisa.

20 Ni hlanze zonke izingubo zenu, nako konke okwenziwe ngezikumba, nako konke okoboya bezimbuzi, nako konke okomuti.

21 uEleazari umpristi wa ti emadodeni okulwa, a e yile empini, Loku ku isimiso somteto, wesiyalezo sika Jehova kuMosi;

22 Igolide, nesiliva, netusi, nensimbi, nokete, nomtofu,

23 Konke oku wahlulayo umlilo, ni ya kwenza ukuba ku fakwe kuwona, ku hlambululeka: noko ma ku hlanjululwe ngamanzi esahlukaniso: nako konke okwahlulwa umlilo ma ku fakwe emanzini.

24 Nangosuku lwesikombisa ma ni geze izingubo zenu, ni hlambululeke, na ngasemva ni ngene ekamu.

25 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

26 Tata iningi lempango etatiweyo, yabantu neyezilwane, wena, noEleazari umpristi, nezikulu zebandhla:

27 Nahlukanisele impango kabili, aba puma impi, nalo lonke ibandhla;

28 U telisele uJehova bona aba be ye empini; ku be kunye emakulwini a isihlanu, kokubili kubantu nasezinkabini, na sezimbongolweni, na sezimvwini.

29 Ni tate inxenye yako, ni i nike uEleazari umpristi, i be umnikelo wokuponswa kuJehova.

30 Na senxenyeni yabakwa Israeli, ni tate ku be kunye emashumini a isihlanu, kubantu, nasezinkabini, nasezimbongolweni, nasemihlambini yezilwane zonke, ni i nike abaLevi aba meleyo itabanekele lika Jehova.

31 uMosi noEleazari umpristi benza njengesiyalezo sika Jehova kuMosi.

32 Nempango e ya i sele kweya i tatiwe amadoda empi, ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa, nezinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa, nezinkulungwane ezi isihlanu.

33 Nezinkabi ezi izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa nambili.

34 Nezimbongolo ezi inkulungwane namashumi a isitupa.

35 Nabantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nambili, abesifazana a ba be nga zange ba lale namuntu.

36 Nenxenye, e nge yabo a ba be pumele impi ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu, nezinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesikombisa.

37 Nomnikelo ka Jehova ezimvwini wa u ngamakulu a isitupa namashumi a isikombisa nesihlanu.

38 Nezinkabi za zi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesitupa; nomnikelo ka Jehova ku loko, amashumi a isikombisa nambili.

39 Nezimbongolo za zi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu namakulu a isihlanu; nomnikelo ka Jehova ku loko, amashumi a isitupa nanye.

40 Nabantu ba be izinkulungwane ezi ishumi nesitupa; nokuka Jehova ku loko, amashumi amatatu nambili.

41 uMosi wa u nika umnikelo, o wa u ngo wokuponswa ka Jehova, wa u nika uEleazari umpristi, njengesiyalezo sika Jehova kuMosi.

42 Nenxenye yabakwaIsraeli, e ya hlukaniswa nguMosi kwa bempi;

43 Inxenye e ya i eyenhlangano ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu, nezinkulungwane ezi ngamashumi amatatu, nezinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isihlanu.

44 Nezinkabi ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesitupa.

45 Nezimbongolo ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu namakulu a isihlanu.

46 Nabantu aba izinkulungwane ezi ishumi nesitupa;

47 Na senxenyeni yabakwaIsraeli, uMosi wa tata enye njalo emashumini a isihlanu, kubantu nasezilwaneni, wa ku nika abaLevi aba li patayo itabanekele

24 Abacibityelayo, ba cibityela izinceku zako be sodongeni nezinye izinceku zenkosi zi file, nenceku yako uUria umHiti u file.

25 uDavida wa ti esigijimini, wo ti kuJoabi, lento ma i nga ku hlupi ngokuba inkemba i bulela omunye njengomunye, qinisa impi yako ngasemuzini u wu wise, u m jabulise wena.

26 Lapo umka Uria e zwa ukuba uUria indoda yake u file, wa i kalela indoda yake.

27 Kwa ti se ku pelile ukukala, uDavida wa m leta endhlini yake, wa ba umkake, wa m zalela indodana kodwa into e ya yenziwe uDavida ya imbi emehlweni ka Jehova.

ISAHLUKO 12.

UJEHOVA wa tuma uNatani kuDavida. Wa fika kuye, wa ti, kwa ku kona amadoda amabili emuzini munye, enye i cebile, enye impofu.

2 Ecebileyo ya i nemihlambi eminingi yezimvu nezinkomo.

3 Kodwa empofu ya i nge naluto i nemvana encane kupela, a e yondhlile yena, ya kulela kuye, na kubantwana bake ya dhla ukudhla kwake, ya puza esityeni sake, ya lala esifubeni sake, ya ba kuye kungati indodakazi yake.

4 Kwa fika isihambi ku lowomuntu ocebileyo, a ka tatanga emihlambini yake ukuhlabela leso 'sihambi esa fika kuye, kodwa wa tata imvana yomuntu ompofu wa i hlabela umuntu o wa e fike kuye.

5 uDavida wa tukutela kakulu ngalowo 'muntu, wa ti kuNatani, ukupila kuka Jehova, umuntu o kwenzile loku u ya kufa impela.

6 U ya kubuyisa leyo 'mvana ngokunye, ngokuba wa yenza lento ngokuba wa e nge namhau.

7 uNatani wa ti kuDavida, uwena lowo 'muntu. U tyo njalo uJehova, uTixo wakwa Israeli, nga ku geoba u be inkosi pezu kwabaIsraeli, nga ku kulula esandhleni sika Sauli.

8 Nga ku nika indhlu yenkosi yako, nabafazi benkosi yako esifubeni sako, nga ku nika indhlu yakwa Israeli neyakwaJuda, uma kwa ku nganele loko, nga ngi ya ku kunika izinto ezinye nezinye.

9 Ku ngani ukuba u pulile isimemezelo sika Jehova ukwenza okubi emehlweni ake, u bulele uUria umHiti ngenkemba, u tatile umkake a be umfazi wako, u m bulele ngenkemba yabantwana baka Amoni.

10 Ngako inkemba a i yi kusuka nakanye endhlini yako, ngokuba u ngi delile mina, wa tata umka Uria umHiti a be umkako.

11 U ti uJehova, bheka ngi ya kuvusa ububi kuwe endhlini yako, ngi ya kutata abafazi bako emehlweni ako, ngi ba nike umakelwane wako, a lale nabafazi bako ekukanyeni kwa leli 'langa.

12 Ngokuba wena wa kwenza ngasese, mina ngi ya ku yenza lento pambi kuka Israeli wonke napambi kwelanga.

13 uDavida wa ti kuNatani ngonile pambi kuka Jehova, uNatani wa ti kuDavida, uJehova u susile isono sako, a u yi kufa.

14 Kodwa ngokuba ngaloku 'kwenza wenza ituba lokuba izita zika Jehova zi m dele, umntwana o zalelwa wena, u ya kufa impela.

15 uNatani wa buyela endhlini yake, uJehova wa tyaya umntwana o wa zalelwa uDavida umka Uria, wa gula kakulu.

16 uDavida wa ncenga uTixo ngomntwana, uDavida wa zila ukudhla, wa ngena wa lala emhlabatini bonke ubusuku.

17 Abakulu bendhlu yake ba suka ba ya kuye uku m vusa emhlabatini, kodwa a ka vumanga, futi a ka dhlanga ukudhla kanye nabo.

18 Kwa ti ngosuku lwesikombisa umntwana wa fa, izinceku zika Davida zesaba ukumtyela ukuba umntwana u file, ngokuba za ti, bheka umntwana e sa pilile, sa kuluma kuye, a ka li lalelanga izwi letu, po, u ya ku katazeka kangakanani, uma si m tyela ukuti umntwana u file na?

19 Kodwa uDavida e bona izinceku zake zi nyenyeza, uDavida wa bona ukuba umntwana u file, ngako uDavida wa ti ezincekwini zake, u file umntwana na? Za ti, u file.

20 Wa se e vuka uDavida emhlabatini wa geza, wa zigcoba, wa faka ezinye izingubo, wa ngena endhlini ka Jehova, wa dumisa, wa se fika kwe yake indhlu lapo e se funa ba beke ukudhla pambi kwake, wa dhla.

21 Za ti izinceku zake kuye, Intoni le o yenzileyo na? Wa m lilela umntwana e se kona, kodwa lapo e se file wa vuka wa dhla isinkwa!

22 Wa ti yena, Umntwana e se kona, nga zila ukudhla, nga kala, ngokuba nga ti ubani o waziyo ingabe uTixo u ya kuba nomusa kimi umntwana a pile na?

23 Kodwa njengokuba u se file yena, ngi ya kuzilelani ukudhla na? Ngi nga m buyisa na? Mina ngi ya kuya kuye, kodwa yena a ka yi ku buyela kimi.

24 uDavida wa duduza uBatsheba umkake, wa ngena kuye, wa lala naye, wa zala indodana wa i biza ngokuti uSolomona uJehova wa m tanda.

25 Wa tuma ngesandhla sika Natani umprofeti, wa m biza ngokuti, uJedidia ngenxa ka Jehova.

26 uJoabi wa lwa neRaba, labantwana baka Amoni wa tata umuzi wobukosi.

27 uJoabi wa tuma izigijimi kuDavida wa ti ngi lwile neRaba, nga tata umuzi wamanzi.

28 Ngakoke butela abantu abaseleyo ndawonye, u mise ngasemuzini, u wu tate, funa ngi wu tate, u bizwe ngegama lami.

29 uDavida wa butela abantu bonke ndawonye, wa ya eRaba wa lwa nalo, wa li nqoba.

30 Wa tata umqele wenkosi yabo ekanda layo isisindo sawo sa si italenta legolide namatye a nenani, wa bekwa ekanda lika Davida. Wa kipa impango eningi ku lowo 'muzi.

31 Wa kipa futi abantu aba be kuwo, wa ba beka pansi kwamasaha na ngapansi kwamahaala ensimbi, na ngapansi kwamazembe ensimbi, wa benza futi ukuba ba dhlule endhlini yesitini wenze njalo emizini yonke yabantwana baka Amoni. Ngako uDavida nabantu bonke ba buyela eJerusalema.

## ISAHLUKO 13.

KWA ti emva kwaloku uAbsalomu indodana ka Davida, wa ye nodade wabo omuhle ogama lake linguTema, uAmnoni indodana ka Davida wa m tanda.

2 uAmnoni wa hlupeka kakulu wa za wa gula ngenxa ka dade wabo uTema ngokuba wa e intombi, uAmnoni wa cabanga ukuti ku lukuni ukuba a be nokwenza into kuye.

3 Kodwa uAmnoni wa e nesihlobo igama laso li nguJonadabi indodana ka Shimea umfo wabo ka Davida, uJonadabi wa e umuntu o nobuqili kakulu.

4 Wa ti kuye, ku ngani ukuba wena, ndodana yenkosi u zace ngezinsuku zonke u nge ngi tyele na? Wa ti uAmnoni kuye ngi ya m tanda uTema udade wabo ka Absalomu umfo wetu.

5 uJonadabi wa ti kuye, zilalise embedeni wako, u zigulise, lapo uyihlo e za ukukubona, u ti kuye, ngi ya kuleka, ma ke ze uTema udade wetu, a ngi pe ukudhla, a ku lungise emehlweni ami ukuze ngi ku bone, ngi ku dhle esandhleni sake.

6 Ngako uAmnoni wa lala pansi wa zigulisa lapo inkosi i fika uku m bona, uAmnoni wa ti enkosini, ngi ya kuleka ma ke ze uTema, udade wetu, a ngenzele izinkwana ezimbili emehlweni ami ukuba ngi zi dhle esandhleni sake.

7 uDavida wa tumela kuTema wa ti, hamba u ye endhlini ka Amnoni umne wenu u m lungisele ukudhla.

8 Ngako uTema wa ya endhlini ka Amnoni umne wabo, e lele pansi, wa tata impupu wa i xova, wa zenza izinkwana emehlweni ake, wa zi peka lezo zinkwana.

9 Wa tata isitya wa zi tululela kona ngapambi kwake, kodwa wala ukudhla, wa ti uAmnoni kipa bonke abantu, ba puma bonke kuye.

10 Wa ti uAmnoni kuTema, ku lete endhlini yami yokulala ukudhla, ukuba ngi dhle esandhleni sako. uTema wa tata izinkwana a zenzileyo, wa zi yisa endhlini yokulala ka Amnoni umne wabo.

11 Lapo e zi letile kuye, ukuba a dhle wa m bamba, wa ti kuye, woza u lale nami, dade wetu.

12 Wa m pendula, wa ti, ca, u umfo wetu, musa uku ngi cindezela, ngokuba a ku fanele into e nje yenziwe eIsraeli. Musa ukwenza lobu bubi.

13 Mina ngi ya kulitihlapi ihlazo lami na? wena, u ya kuba omunye weziula kuba Israeli, ngi ya kuncenga kulumake enkosini a i yi kukunqabela nami.

14 Kodwa a ka li lalelanga izwi lake, ngokuba wa e namandhla kunaye wa m cindezela wa lala naye.

15 uAmnoni wa ye se m zonda kakulu, inzondo a m zonda ngayo ya ba nkulu ku notando, a e kade e m tanda ngalo. uAmnoni wa ti kuye, vuka u hambe.

16 Wa pendula, wa ti kuye, akuko 'sici, lobu 'bubi bokungimukisa, bukulu ku nokwenzileyo kimina, kodwa a ka m lalelanga.

17 Wa se e biza inceku yake e sebenza kuye, wa ti, kipa manje lesi 'sifazana kimi, u hlutulele umnyango emva kwake.

18 Wa e nengubo, e nemibala eminingi pezu kwake, ngokuba lezo 'zingubo za zi gqokwa amadodakazi enkosi a izintombi. Inceku yake ya se i m kipa ya hlutulela umnyango emva kwake.

19 uTema wa zitela ngomlota ekanda wa dabula ingubo yake a e yi fakile e nemibala eminingi, wa twala izandhla ekanda, wa hamba e kala.

20 uAbsalomu umne wabo wa ti kuye, uAmnoni umne wenu kade e nawe na? tulake dade wetu, yena u umne wenu u nga yi kataleli lento. Ngako uTema wa hlala yedwa endhlini ka Absalomu umne wabo.

21 Inkosi uDavida se i zwile ngazo zonke lezi 'zinto, ya tukutela kakulu.

22 uAbsalomu a kulumanga luto ku-Amnoni umfo wabo, okuhle, nokubi, ngokuba uAbsalomu wa m zonda uAmnoni ngokuba wa e dumazile uTema udade wabo.

23 Kwa ti emva kweminyaka emibili epeleleyo uAbsalomu wa e nabagundi bezimvu eBal-Hazori eduze neEfraimi. uAbsalomu wa mema onke amadodana enkosi.

24 uAbsalomu wa fika enkosini, wa ti, bheka, manje inceku yako i nabagundi, ngi ya kuncenga, inkosi nezinceku zayo ma i hambe nenceku yako.

25 Inkosi ya ti kuAbsalomu, ca ndodana yami, ma si nga hambi sonke manje, funa si be umtwalo kuwena. Wa m nxusa, noko inkosi a i hambanga, ya m busisa kupela.

26 Wa tike uAbsalomu, ngi ya kuncenga, uma ku nge njalo dedela umfo wetu uAmnoni a hambe nati, Inkosi ya ti kuye, a hambeleni nawe na?

27 uAbsalomu wa m nxusa wa za wa vuma. uAmnoni namadodana onke enkosi a hamba naye.

28 uAbsalomu wa e se zi yalile izinceku zake wa ti, a no qapela isikati lapo inhliziyo ka Amnoni se yenamile iwaini, lapo ngi ti kini, bulalani uAmnoni, ni m bulale ni ngesabi, a ngi ni yalelanga na? qinani ni me isibindi.

29 Izinceku zika Absalomu zenza ku-Amnoni njengokuziyala kuka Absalomu: a e se suka onke amadodana enkosi, i lowo wa kwela kweyake imbongolo, a baleka.

30 Kwa ti, be se sendhleleni, izwi la fika kuDavida, li ti, uAbsalomu u bulele onke amadodana enkosi a ku salanga neyodwa.

31 Ya suka inkosi ya dabula izingubo zayo, ya lala emhlabatini nezinceku zonke zayo zema eduze, izingubo zazo zi dabukile.

32 uJonadabi indodana ka Shimea umfo wabo kaDavida, wa pendula wa ti, Inkosi yami ma i nga cabangi ukuba u bulele zonke izinsizwa, amadodana enkosi, ngokuba uAmnoni yedwa ofileyo, ngokuba enhliziyweni ka Absalomu loku kwa qala ngosuku a dumaza ngalo udade wabo uTema.

33 Ngako, inkosi yami, inkosi ma i nga hlupeki enhliziyweni yayo ngokucabanga ukuti onke amadodana enkosi a file, ngokuba uAmnoni yedwa ofileyo.

34 uAbsalomu wa baleka. Insizwa e ya i yinhloli ya pakamisa amehlo ayo, ya buka, bheka, abantu abaningi ba beza ngendhlela entabeni emva kwayo.

35 uJonadabi wa ti enkosini, Bheka a yeza amadodana enkosi, njengokutyo kwenceku yako ku njalo.

36 Kwa ti, e se qedile ukukuluma bheka, a fika amadodana enkosi a pakamisa izwi lawo, a kala, nenkosi nabantu bayo ba kala kakulu.

37 Absalomu wa baleka wa ya kuTalmai, indodana ka Amihudi inkosi yase-Geshuri. uDavida wa lilela indodana yake zonke izinsuku.

38 Njaloke uAbsalomu wa baleka wa ya eGeshuri wa hlala kona iminyaka emitatu.

39 uDavida wa fisa ukuya kuAbsalomu: ngokuba wa e se duduzekile ngoAmnoni e bona ukuba se wa fa yena.

## ISAHLUKO 14.

UJOABI indodana ka Zeruia wa bona ukuba inhliziyo yenkosi i kuAbsalomu.

2 uJoabi wa tumela eTekoa, wa tata kona isifazana esihlakanipileyo, wa ti kuso, ngi ya kuncenga, zenzise u be olilayo, u gqoke izingubo zolilayo, u nga zigcobi ngamafuta kodwa u be njengowesifazana o kade e lilela ofileyo.

3 U fike enkosini u kulume kanje kuyo. Ngako uJoabi wa beka amazwi emlonyeni wake.

4 Lapo o wesifazana waseTekoa wa kuluma enkosini, wa wa ngobuso emhlabatini, wa kuleka wa ti, siza nkosi.

5 Ya ti inkosi kuye, u nani na? wa pendula, wa ti, ngi umfelokazi impela, indoda yami ya fa.

6 Incekukazi yako ya i namadodana amabili, a lwa odwa endhle, a kwa ba ko 'muntu wokubalamula, omunye wa tyaya omunye, wa m bulala.

7 Bheka, indhlu yonke se i vukele incekukazi yako, ba ti, si nike yena o wa bulala umfo wabo, ukuba si m bulale, ngokupila komfo wabo a m bulalayo, si ya ku m bulala umudhli wefa naye, ngako ba ya kucima ilahle lami eli seleyo, ba nga be be sa shiyela indodana yami igama nensalo emhlabeni.

8 Inkosi ya ti kwesifazana, hamba u ye endhlini yako, ngi ya kuyaleza ngawe.

9 Owesifazana wase Tekoa wa ti enkosini, 'Nkosi yami, inkosi, isono ma si be kimi na sendhlini ka baba, ku nga biko icala enkosini na sesihlalweni sayo.

10 Ya ti inkosi, o ku kulumisayo, m lete kimina, a ka yi kupinda a ku tinte.

11 Wa e se ti yena, ngi ya kuncenga, Inkosi ma i kumbule uJehova uTixo wayo, ukuba u nga be u sa vumela aba kalela igazi ukubulala futi funa ba bulale indodana yami; ya ti inkosi ukupila kuka Jehova a ku yi kuwela emhlabatini unwele nolulodwa lwendodana yako.

12 Wa ti owesifazana, ngi ya kuncenga, vumela incekukazi yako, ukuba i kulume izwi li be linye enkosini yami. Inkosi, ya ti, kuluma.

13 Wa ti owesifazana ku ngani ukuba u cabangile into enje ngabantu baka Tixo na? ngokuba inkosi i ya kuluma loku, sengati i nesono, loku inkosi i nga buyiselanga ekaya oxotyiweyo wayo.

14 Ngokuba si ya kufa uqobo, si njengamanzi a citwa emhlabatini, a nge nakubutwa futi, kanti uTixo a ka keti 'muntu, noko u ya veza icebo lokuba o lahliweyo wake a nga be sa xotywa kuye.

15 Manje, njengaloku ngi fikile ukukuluma ngalento enkosini yami, inkosi, ku ngokuba abantu ba ngesabisile: incekukazi yako ya ti, ngi ya kukuluma enkosini, mhlaumbe inkosi i ya ku kwenza oku celwa incekukazi yayo.

16 Ngokuba inkosi i ya kuzwa i sindise incekukazi yayo esandhleni somuntu o ngi citayo nendodana yami efeni lika Tixo.

17 Ya i si ti incekukazi yako, igama lenkosi yami inkosi, li ya kungipumuza: ngokuba njengengelosi ka Tixo i njalo inkosi yami, inkosi, ekuqondeni okuhle nokubi, ngako uJehova, uTixo wako, u ya kuba nawe.

18 Inkosi ya pendula ya ti kowesifazana, ngi ya kuleka u nga fihli kimi into e ngi ya ku yi buza kuwe. Owesifazana wa ti, Inkosi yami, inkosi, ma i kulume.

19 Inkosi ya ti isandhla sika Joabi asiko kuwe kuko konke loku na? Owesifazana wa pendula, wa ti, ukupila kompefumlo wako 'nkosi yami, inkosi, akuko o nga pendukela ngalapa, nangalapa, kuko oku kulunyiwe inkosi yami, inkosi, ngokuba uJoabi inceku yako u ngi yalezile wa beka onke lawamazwi emlonyeni wencekukazi yako.

20 uJoabi inceku yako u yenzile lento ukupendukezela ukuma kwendaba; inkosi yami i hlakanipile, njengokuhlakanipa kwengelosi ka Tixo ukuzazi zonke izinto ezi semhlabeni.

21 Inkosi ya ti kuJoabi, bheka, imina o yenzile lento, hamba u buyise insizwa uAbsalomu.

22 uJoabi wa ti mbo ngobuso pansi, wa zikotamisa, wa i bonga inkosi, wa ti, uJoabi, namhla inceku yako i yazi ukuba ngi tolile umusa emehlweni ako 'nkosi yami, 'nkosi ngokuba inkosi i ku gcwalisile oku celwa inceku yayo.

23 Ngako uJoabi wesuka wa ya Geshuri wa m leta uAbsalomu eJerusalema.

24 Inkosi ya ti, ma ka pendukele endhlini yake, a nga bu boni ubuso bami. Ngako uAbsalomu wa buyela endhlini yake a ka bu bona ubuso benkosi.

25 Kodwa kwa ku nge ko 'muntu kubo bonke abaIsraeli owa batyazwa njengoAbsalomu, ngobuhle bake, ku suka onyaweni lwake, kwa geina ekanda lake, kwa ku nge ko siga kuye.

26 Lapo e li gundile ikanda lake, (ngokuba yonke iminyaka, ngoba izinwele zake za zi m sinda, ngako wa zi gunda) wa zi linganisa izinwele zake esikalweni, za lingana namashekeli, a ngamakulu amabili ngesikalo senkosi.

27 Kwa zalwa kuAbsalomu amadodana amatatu, nendodakazi inye igama layo uTama: ya i ngumuntu o bukeka kahle.

28 uAbsalomu wa hlala eJerusalema iminyaka emibili epeleleyo, e nga bu boni ubuso benkosi.

29 Ngako uAbsalomu wa m biza uJoabi ukuba a m tume enkosini, kodwa a

ka vumanga ukuza ku ye, na lapo e m
biza ngokwesibili a ka vumanga ukuza.
30 Ngako wa ti ezincekwini zake, bhe-
kani, insimu ka Joabi i seduze nendawo
yami, u nebale kona, hambani ni li
tyise. Izinceku zika Absalomu za yi
tungela ngomlilo insimu.
31 uJoabi wa sukake wa ya kuAbsalo-
mu endhlini yake, wa ti kuye, izinceku
zako zi yi tyiseleni insimu yami ngo-
mlilo na?
32 uAbsalomu wa pendula uJoabi wa
ti, bheka nga ku biza nga ti, woza lapa,
ukuba ngi ku tume enkosini, ukuti nga
tatelwani eGeshuri na? nga ku lungile
ukuba ngi se kona namanje. Ma ngi
bone ubuso benkosi, uma ku kona ububi
kimi, ma ka ngi bulale.
33 Ngako uJoabi wa fika enkosini, wa
i tyela. Lapo i si m bizile uAbsalomu
wa ya enkosini, wa kotama ngobuso ba-
ke emhlabatini pambi kwenkosi ya m
anga uAbsalomu.

## ISAHLUKO 15.

KWA ti emva kwaloku uAbsalomu wa
zilungisela inqola namahashi nama-
doda a ngamashumi a isihlanu ukugiji-
ma ngapambi kwake.
2 uAbsalomu wa vuka kusasa wema
ngasecaleni lendhlela yesango, ku te la-
po e fika umuntu o necala eli ya kute-
twa inkosi, uAbsalomu wa m biza, wa ti
kuye u ngo wa mupi umuzi na? Wa ti,
inceku yako i ngowesinye isizwe sakwa
Israeli.
3 Wa ti uAbsalomu kuyena, bheka,
izindaba zako zi lungile, zi isiminya, ko-
dwa akuko 'muntu wenkosi wokuku-
zwa.
4 Wa ti futi uAbsalomu, O! ku ngati
ngi ngenziwa ngi be umahluli ezweni,
uma ku kona umuntu o necala no ne-
ndaba e ze kimi ngi nga m tetelela
kahle.
5 Kwa ba njalo lapa ku fika umuntu,
ukukuleka kuye, welula isandhla sake,
wa m bamba wa m anga.
6 Wenza njalo uAbsalomu kubaIsraeli
bonke aba beza enkosini emacaleni;
ngako uAbsalomu wa zeba izinhliziyo
zabantu bakwa Israeli.
7 Kwa ti emva kweminyaka e nga-
mashumi amane wa ti uAbsalomu enko-
sini, ngi ya kuleka, ma ngi hamba ngi
feze isifungo sami e nga si funga kuJe-
hova eHebroni.
8 Ngako inceku yako ya funga isifu-
ngo ekuhlaleni kwayo eGeshuri laseAra-
mu, nga ti, uma uJehova e ngi buyisela
eJerusalema, ngi ya kukonza uJehova.
9 Ya ti inkosi kuye, hamba kahle.
Wesuka wa ya eHebroni.
10 uAbsalomu wa tuma izinhloli kuzo
zonke izizwe zakwa Israeli e ti, ekuzwe-
ni kwenu ukukala kwetilongo, ni ya
kuti, uAbsalomu u ya busa eHebroni.
11 Kwa hamba noAbsalomu amadoda
a ngamakulu amabili a e biziwe e pu-
ma eJerusalema, a hamba ngokungazi,
e ngazi luto.
12 uAbsalomu wa biza uAhitofeli
umGiloni, umqondisi ka Davida, emu-
zini wa kubo eGiloni e sa tyisa imini-
kelo. Icebo la qina, abantu banda njalo
kuAbsalomu.
13 Kwa fika isigijimi kuDavida si ti,
izinhliziyo zabantu bakwa Israeli zi ku-
Absalomu.
14 uDavida wa ti ezincekwini zonke
zake e za zi naye eJerusalema, sukani,
ma si baleke, ngokuba a si yi kusinda
kuAbsalomu nxa si ngenzi njalo, tye-
tyani ukuhamba, funa i si fice masinya-
ne, a lete ububi pezu kwetu, a tyaye
umuzi ngosiko lwenkemba.
15 Za ti izinceku zenkosi enkosini,
bheka izinceku zako zi lungele ukwenza
okutyiwo inkosi yetu, inkosi.
16 Inkosi ya hamba i landelwa ibo bo-
nke abendhlu yayo. Inkosi ya shiya
abesifazana aba ishumi aba be isitembu
ukulinda indhlu.
17 Ya hambake inkosi, ya landelwa
abantu bonke, ya hlala endaweni e kude.
18 Izinceku zonke zake za dhlula eca-
leni kwake, nawo onke amaKereti, na-
wo onke amaPeleti, namaGiti onke
amadoda a ngamakulu a isitupa a m
landela, e suka eGati, a dhlula ngapa-
mbi kwenkosi.
19 Inkosi ya ti kuIttai, umGiti, u ha-
mbelani nati? Buyela endaweni yako,
u hlale nenkosi ngokuba u ngowezizwe
noxotyiweyo.
20 Loku u fike izolo, ku lungile uku-
ba ngi ku tate u hambe nati namhla na?
loku ngi ya lapa ngi nga hamba kona,
buya wena? u buyise abafo wenu: umu-
sa neqiniso ma ku be nawe.
21 uIttai wa pendula inkosi wa ti,
ukupila kuka Jehova, ngokupila kwe-
nkosi yami, inkosi, ku leyo 'ndawo lapo
inkosi i ya kuba kona, noma ku seku-
feni, noma ku sekupileni kona lapo i ya
kuba kona inceku yako.

22 uDavida wa ti kuIttai, hamba u
welele ngapesheya, uIttai umGiti, wa
wela, nabantu bonke bake, nezingane
zonke eza zi naye.

23 Izwe lonke la kala ngezwi elikulu,
nabantu bonke ba wela; nenkosi futi
ya wela umfulana iKedroni, nabantu
bonke ba wela ngendhlela e ya ehlane.

24 uZadoki, nabaLevi bonke ba be
naye, be pete umpongolo wesivumelwa-
no sika Tixo, uAbiata wa kupuka, ba ze
ba dhlula bonke abantu emuzini.

25 Inkosi ya ti kuZadoki, buyisela
emzini umpongolo ka Tixo, uma ngi
tola umusa emehlweni ka Jehova, u ya
ku ngi buyisa a ngi kombise wona ne-
ndhlu yake.

26 Kodwa uma e ti yena, a ngi jabuli
ngawe, bheka, ngi lapa, ma kenze a ku
tandayo kimina.

27 Ya ti futi inkosi kuZadoki umpri-
sti, a u si ye umazisi na? buyela emzini
ngokutula namadodana ako amabili ka-
nye nawe, indodana yako uAhimaazi
noJonatani indodana ka Abiata.

28 Bheka ngi ya kuhlala etafeni lase-
hlane ku ze ku fike izwi eli puma kuwe
loku ngi qinisa.

29 Ngako uZadoki noAbiata ba buyi-
sela umpongolo ka Tixo eJerusalema,
ba hlala kona.

30 uDavida wa kupuka entabeni iOli-
veti e kala ekukupukeni kwake, e mbo-
zile ikanda lake e nga gqokile ezinya-
weni, abantu bonke aba be naye be
mboze amakanda abo, ba kupuka be
kala ekuhambeni kwabo.

31 Omunye wa tyela uDavida, wa ti,
uAhitofeli u kanye naba kwa Absalo-
mu. uDavida, wa ti, Jehova ngi ya ku-
nxusa pendula amazwi ka Ahitofeli a
be ubuula.

32 Kwa ti lapo uDavida e se dundu-
bele entabeni wa konza kona uTixo,
bheka uHushai umArki wa m hlanga-
beza, ibantyi lake li dabukile e nomhla-
bati ekanda lake.

33 uDavida wa ti kuye, Uma u dhlu-
la kanye nami u ya kuba umtwalo
kimi.

34 Kodwa uma u buyela emzini u ti
kuAbsalomu ngi ya kuba inceku yako,
nkosi kade ngi inceku ka yihlo, ngako
ngi za kuba inceku yako, ngaloku 'kwe-
nza kwako u ya ngi qobela amazwi ka
Ahitofeli.

35 Akuko kona lapo nawe, uZadoki,
noAbiata abapristi na? Ngako ku ya
kuti, o ku zwayo endhlini yenkosi u ku
tyele uZadoki noAbiata abapristi.

36 Bheka ku kona kanye nabo amado-
dana abo amabili uAhimaazi indodana
ka Zadoki, noJonatani indodana ka
Abiata, nangabo ni ya kutumela kimi
konke e ni ku zwayo.

37 uHushai isihlobo sika Davida, wa
ya emzini, noAbsalomu wa ngena eJe-
rusalema.

## ISAHLUKO 16.

UDAVIDA wa e se si dhlulile incosa-
na isicongo sentaba, bheka, uZiba
inceku ka Mefibosheti wa m hlangabeza
e nezimbongolo ezimbili zi fakwe izi-
hlalo pezu kwazo, ku kona izinkwa ezi
ngamakulu amabili, nezihleke zevini ezi
ikulu, nezitelo zehlobo ezi ikulu, ne-
mvaba yewaini.

2 Ya ti inkosi kuZiba, u linganisani
ngaloku na? wa ti uZiba, izimbongolo
e zo ku kwela abantu bendhlu yenkosi,
nezinkwa nezitelo zehlobo e zo ku dhli-
wa izinsizwa, newaini e lokupuzwa aba-
kateleyo ehlane.

3 Ya ti inkosi, ipi indodana yenkosi
yako na? wa ti uZiba enkosini, Bheka
u hlezi eJerusalema, ngokuba wa ti
yena, namhla indhlu ka Israeli i ya ku-
buyisela kimina umbuso ka baba.

4 Ya i si ti inkosi kuZiba, Bheka ku
ngokwako konke o kwa ku ngokuka
Mefibosheti, wa ti uZiba, ngi ya cela
ngokuzitoba ngapambi kwako ukuba
ngi tole umusa emehlweni ako, nkosi
yami, inkosi.

5 Lapo inkosi uDavida wa fika eBahu-
rimu, bheka kwa puma kona umuntu
kwa bomndeni wendhlu ka Sauli, igama
lake li nguShimi, indodana ka Gera:
wa pumake e tuka ekuhambeni kwake.

6 Wa ponsa amatye kuDavida, na
kuzo zonke izinceku zenkosi uDavida.
Abantu bonke namadoda onke a nama-
ndhla a e ngasesandhleni sake sokupo-
nsa nakwesokohlo.

7 uShimi ekutukeni kwake wa tyo
lawa 'mazwi, Puma, puma, wena mu-
ntu wegazi, muntu ka Beliali:

8 uJehova u buyisele kuwe lonke iga-
zi lendhlu ka Sauli, o kade u busa enda-
weni yake; uJehova u nikele umbuso
esandhleni sika Absalomu indodana ya-
ko; bheka, wena u sekushingeni kwa-
ko, ngokuba u ngumuntu wegazi.

9 Wa e se ti uAbishai indodana ka Ze-
ruia enkosini, Ku ngani ukuba lenja

efileyo e tuka inkosi yami inkosi na? ngi ya kuncenga ma ngi wele ngi m nqume ikanda.

10 Ya ti inkosi, ngi namsebenzi muni kinina, nina madodana kaZeruia na? ma ka tuke yena, ngokuba ku tyo uJehova kuye ukuti, tuka uDavida, ubanike o nga ti, u kwenzeleni loku na?

11 Wa ti uDavida kuAbishai, nakuzo zonke izinceku zake, Bhekani, indodana yami e ya puma ematunjini ami i funa ukupila kwami; poke umBenjamini? mu yekeni a tuke, ngokuba u tyelwe uJehova.

12 Mhlaumbe uJehova u ya kukubona ukuhlupeka kwami, uJehova a ngi nike okuhle, ngokutuka kwake namhla.

13 uDavida nabantu bake ba hamba ngendhlela, uShimi wa hamba ecaleni kwentaba malungana naye, e tuka njalo, e m jigijela ngamatye, nangotuli.

14 Inkosi nabantu bonke a ba be nayo, ba katala, ba pumula lapo.

15 uAbsalomu nabantu bonke, amadoda a kwa Israeli, ba fika eJerusalema, noAhitofeli e naye.

16 Kwa ti, lapo uHushai umArki isihlobo sika Davida wa fika kuAbsalomu, uHushai wa ti kuAbsalomu, uTixo ma ka sindise inkosi, uTixo ma ka sindise inkosi.

17 uAbsalomu wa ti kuHushai, Loku ku ngumusa wako esihlotyeni sako na? A u hambanga ngani wena nesihlobo sako na?

18 uHushai wa ti kuAbsalomu, qa, kodwa o ketwa uJehova, na laba 'bantu nawo onke amadoda a kwa Israeli, ngi ya kuba o wake, ngi hlale naye.

19 Futi, ngi nga konza ubani mina na? A ngi nge konze emehlweni endodana yake na? Njengokukonza kwami emehlweni ka yihlo, ngi ya kuba njalo na semehlweni ako.

20 Wa e se ti uAbsalomu kuAhitofeli, yi tyoni nina e si nga kwenzayo.

21 Wa ti uAhitofeli kuAbsalomu, ngena ezixebeni zika yihlo, a zi shiyileyo ukuba zi linde indhlu noIsraeli wonke, u ya kuzwa ukuba u delwe uyihlo: Ngako izandhla zabo bonke aba nawe zi ya kuqina.

22 Ngako ba misela uAbsalomu utente ngapezu kwendhlu, uAbsalomu wa ngena ezixebeni zika yise emehlweni abo bonke abaIsraeli.

23 Amazwi ka Ahitofeli a e wa kuluma nga lezo 'zinsuku, kwa kungati a womuntu o buzileyo emtetweni kaTixo: a e njalo onke amazwi ka Ahitofeli, kuDavida, nakuAbsalomu.

## ISAHLUKO 17.

WA ti uAhitofeli futi kuAbsalomu, ma ngi kete manje amadoda a izinkulungwane ezi ishumi nambili, ngi vuke ngi landele uDavida nga lobu 'busuku.

2 Ngi m fikele e katele, nezandhla zi butakataka, ngi mesabise: abantu bonke aba naye ba ya kubaleka: ngi bulale inkosi kupela.

3 Ngi ya kubuyisela kuwe bonke abantu; Yena o m funayo, ku ya kuba sengati bonke ba buyile: ngako bonke abantu ba ya kuba nokutula.

4 Loku kutyo kwa m jabulisa uAbsalomu namalunga onke a kwaIsraeli.

5 Wa e se ti uAbsalomu, Bizani uHushai umArki futi, si zwe akutyoyo yena.

6 Lapo uHushai e se fikile kuAbsalomu wa kuluma kuye e ti, uAhitofeli u kulumile kanje, senze njengokutyo kwake na? uma ku nge njalo: kuluma wena.

7 uHushai wa ti kuAbsalomu, amazwi kaAhitofeli a wa kulumileyo, a ka lungile ngalesi 'sikati.

8 Wa ti uHushai, ngokuba u ya mazi uyihlo nabantu bake, ukuba ba ngamaqawe a namandhla, nokuba ba cunukele ezinhliziyweni zabo njengebere eli lahlekelwe amazinyane alo ehlane: uyihlo u iqawe empini, a ka i kuhlala nabantu.

9 Bheka manje u zitukusile emgodini, noma kwenye indawo: ku ya kuti lapo abanye be bulewe kuqala, okuzwayo u ya kuti, ku kona ukubulalana kubantu abalandela uAbsalomu.

10 Naye o nesibindi onhliziyo yake i njeng e yengonyama, u ya kuncibilika impela, ngokuba abaIsraeli bonke ba yazi ukuti uyihlo u indoda e namandhla nabo aba naye ba amaqawe.

11 Ngako inkulumo yami i ti aba kaIsraeli bonke ma ba butanele kuwe, ku suke eDani kuze ku fike eBeresheba, njengesihlabati sa selwandhle ngobuningi, nawe u ye empini uqobo lwako.

12 Ngako si ya kumfikela endaweni lapo e nga tolwa kona, si mehlele njengokuwela kombete emhlabatini: yena nabantu bake bonke aba naye a ku yi ku sala noyedwa.

13 Noko e ngenile emzini aba kaIsraeli

bonke ba ya kuleta izintambo kulowo 'muzi, si wu donsele emfuleni, ku nga be ku sa tolwa nelilodwa itye nelincane kona.

14 uAbsalomu nabantu bonke bakwa Israeli ba ti, Inkulumo ka Hushai umArki, i lungile ku nenkulumo ka Ahitofeli. Ngokuba uJehova u be misile u kwahlula inkulumo elungileyo ka Ahitofeli, ngecebo lokuba uJehova e hlisele ububi kuAbsalomu.

15 Wa e se ti uHushai kuZadoki nakuAbiata abapristi, uAhitofeli wa kuluma kuAbsalomu na sezikulwini zakwa Israeli kanje: mina nga kuluma kanje nakanje.

16 Tumelanike masinyane kuDavida, ni ti, musa ukuhlala nga lobu 'busuku ematafeni a sehlane, kodwa wela masinyane; funa inkosi i gwinywe, nabantu bonke aba nayo.

17 uJonatani noAhimaazi ba be hlala nga se Enrogeli, ukuze ba nga bonwa ukungena kwabo emzini: intombi ya hamba ya ba tyela ukuba ba hambe ba tyele inkosi uDavida.

18 Noko umfana wa ba bona wa tyela Absalomu, kodwa ba hamba bobabili masinyane, ba fika endhlini yomuntu eBahurimu, e ya i nomgodi wamanzi egcekeni lake; ba ngena kuwo.

19 Owesifazana wa mboza umlomo womgodi, waneka umbila ogaiweyo pezu kwawo; ku ngaziwa muntu loko.

20 Lapo izinceku zika Absalomu za fika kowesifazana endhlini, za ti, upi uAhimaazi noJonatani? wa ti owesifazana kubo, ba wele umfula wamanzi. Lapo se be funile be nga ba toli, ba buyela eJerusalema.

21 Kwa ti, se be hambile ba puma emgodini ba hamba ba tyela inkosi uDavida, ba ti kuDavida. Suka u dhlule masinyane emfuleni: ngokuba uAhitofeli u kulumile ngawe kanje.

22 uDavida wa vuka, nabantu bonke aba be naye, ba wela iJordani. Lapo kumpondo-zankomo, a kwa sala 'muntu o nga li welanga iJordani.

23 Lapo uAhitofeli e bona ukuba inkulumo yake a i nakekelwanga, wa bopela imbongolo yake, wa vuka wa buyela endhlini yake, emzini wake, wa lungisa indhlu yake, wa zipanyeka, wa fa, wambelwa etuneni lika yise.

24 uDavida wa e se fika eMahanaimi, uAbsalomu wa wela iJordani, yena nabantu bonke bakwa Israeli kanye naye.

25 uAbsalomu wa misa uAmasa a be induna yempi endaweni ka Joabi. uAmasa wa e indodana yomuntu ogama lake li ngu Itra umIsraeli, o wa ngena kuAbigaili indodakazi ka Nahashi, udade wabo ka Zeruia unina ka Joabi.

26 Ngako aba ka Israeli, noAbsalomu ba misa ezweni laseGiladi.

27 Kwa ti, uDavida e se fikile eMahanaimi, uShobi indodana ka Nahashi waseRaba, wabantwana baka Amoni, noMakiri indodana ka Ammieli waseLodeba, noBarzillai umGiladi waseRogelimu;

28 Ba m letela amacansi, nezitya, nezitya zebumba, nokolweni, nebale, nempupu, notywele, nobontyise, namalentile, notywele lombila.

29 Nezinyosi, namafuta, nezimvu, namasi enkomo, uDavida, nabantu aba be naye, ukuba ba dhle: ngokuba ba ti, abantu ba lambile, ba katele, bomile futi ehlane.

## ISAHLUKO 18.

UDAVIDA wa bala abantu aba be naye, wa misa izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakulu pezu kwabo.

2 uDavida wa tuma inxenye yesitatu yabantu ngesandhla sika Joabi, nenxenye yesitatu ngesandhla sika Abishai indodana ka Zeruia, umfo wabo ka Joabi nenxenye yesitatu ngesandhla sika Ittai umGiti. Ya ti inkosi kubantu, ngi ya kuhamba nani, nami.

3 Kodwa abantu ba pendula ba ti, wena a u yi kuhamba: ngokuba uma si baleka tina; a ba yi kusikatalela; noma ku fa inxenye yetu a ba yi kusikalela, ngokuba wena u lingene nati si izinkulungwane ezi ishumi; ku lungile ukuba u si size u semzini.

4 Ya ti inkosi kubo, okulungileyo kinina, ngi ya kukwenza. Inkosi yema ngasesangweni, abantu bonke ba puma ngamakulu na ngezinkulungwane.

5 Inkosi ya yala uJoabi, noAbishai, noIttai, i ti, ni yi pate kahle insizwa leyo ngenxa yami, uAbsalomu. Abantu bonke bezwa lapo inkosi i yaleza izinduna zonke ngoAbsalomu.

6 Ngako abantu ba pumela etafeni ukulwa nabo ka Israeli: ukulwa kwa ku sehlatini lakwa Efraimi.

7 Abantu bakwa Israeli ba bulawa izinceku zika Davida, kwa ba kona ukubulalana okukulu ngalolosuku amadoda a izinkulungwane ezingamashumi amabili.

8 Ngokuba impi ya hlakazeka ezweni lonke; ihlati la qeda abantu abaningi ngalolosuku, ku nenkemba.

9 uAbsalomu wa hlangana nezinceku zika Davida, uAbsalomu wa e kwele imbongolo; imbongolo ya ngena ngapansi kwamagatya ahlangeneyo omuti omkulu ikanda lake la bambelela emtini weterebinte, wa pakama emkatini wezulu nomhlaba: imbongolo e ya i ngapansi kwake ya hamba.

10 Enye indoda ya ku bona loko, ya tyela uJoabi, ya ti, bheka, nga m bona uAbsalomu e lenga emtini weterebinte.

11 uJoabi wa ti kuyo indoda emtyelileyo, bheka, u m bonile wena, a u m tyayanga ngani wa wa pansi emhlabatini na? nga ngi ku nikile izinhlamvu zesiliva ezi ishumi kanye nomqele.

12 Ya ti indoda kuJoabi noko ngamkela izinhlamvu zesiliva ezi inkulungwane esandhleni sami, ngi nge si beke isandhla sami pezu kwendodana yenkosi; ngokuba ekuzweni kwetu inkosi ya ku yala, noAbishai, noIttai, i ti, Qapelani ukuba i nga tintwa 'muntu leyo 'nsizwa uAbsalomu.

13 A ku be ngenze amanga ekupileni kwami: ngokuba aiko into efihlwayo enkosini, nawe uqobo lwako nga u ngi vukele.

14 Wa e se ti uJoabi, a ngi z'ukuhlala ngi kulume nawe kanjalo. Wa tata izinkandi ezintatu esandhleni sake, wa m gwaza enhliziyweni uAbsalomu e sa pilile emagatyeni eterebinte.

15 Izinsizwa ezi ishumi e za zi pata izikali zika Joabi za m haqa za m tyaya uAbsalomu za m bulala.

16 uJoabi wa beta itilongo, abantu ba buya ekulandeleni abakaIsraeli; ngokuba uJoabi wa ba vimbela abantu.

17 Ba m tata uAbsalomu ba m faka emgodini omkulu ehlatini, ba beka inqwaba enkulu yamatye pezu kwake: Bonke abakwa Israeli ba balekela kotente.

18 uAbsalomu ekupileni kwake wa e tatile wa zimisela, insika, e sensimini yenkosi: ngokuba wa ti, A ngi nandodana yokukumbuzela igama lami: wa i qamba insika ngegama lake; na namhla i sa bizwa ngokuti, Insika ka Absalomu.

19 Wa e se ti uAhimaazi indodana ka Zadoki, Ma ngi gijime ngi yise enkosini izindaba, ukuba uJehova u m pindisele eziteni zake.

20 Wa ti uJoabi kuye, a u yi ku zi yisa izindaba namhla, kodwa u ya ku zi yisa ngolunye usuku: kodwa namhla a u yi ku zi yisa izindaba, ngokuba indodana yenkosi i file.

21 Wa e se ti uJoabi kuKushi, Hamba u tyele inkosi into o i bonileyo, uKushi wa zi kotamisa ngapambi kuka Joabi wa gijima.

22 Wa ti uAhimaazi indodana ka Zadoki kuJoabi, Noko, ngi dedele ngi ya kuncenga ukuba ngi m landele uKushi, wa ti uJoabi, u gijimeleni, wena ndodana yami na? njenga loku i ngendaba e lungele wena na?

23 Wa ti noko kunjalo, ma ngi gijime, wa se e ti kuye, Gijimake, uAhimaazi wa gijima ngendhlela yetafa, wa m dhlula uKushi.

24 uDavida wa e hlezi emkatini weminyango emibili: umlindi wa kupukela pezu kwesango.

ISAHLUKO 19.

KWA tyelwa uJoabi ukuti Bheka, inkosi i ya kala i lilela uAbsalomu.

2 Ukusindiswa lolo 'suku, kwa ba ukulila ku bantu bonke: ngokuba abantu bezwa ngalolo 'suku ku tiwa inkosi i dabukile ngendodana yayo.

3 Abantu ngalolo 'suku ba ngena ngasese emzini, njengabantu aba nezinhloni be nyonyoba be balekela impi.

4 Inkosi ya mboza ubuso bayo, inkosi ya kala ngezwi elikulu ya ti, O ndodana yami Absalomu, O Absalomu, ndodana yami, ndodana yami.

5 uJoabi wa ngena endhlini enkosini, wa ti, u jabisile namuhla ubuso bezinceku zonke zako, ezi sindisile ukupila kwako namhla, nokupila kwamadodana ako, nokwamadodakazi ako, nokupila kwabafazi bako, nokupila kwezixebe zako.

6 Ngokutanda izita zako, nokuzonda izihlobo zako. Ngokuba u tyilo namhla ukuti, A u wa kataleli amakosana, nezinceku: ngi ya bona namhla ukuti, uma uAbsalomu u be pilile, tina sonke si file namuhla be ku za ku kujabulisa kakulu.

7 Sukake u pume u kulume kahle ezincekwini zako. Ngokuba ngi funga uJehova, uma a u pumi, a ku yi kuhlala muntu nawe ngalobu 'busuku: loko ku ya kuba kubi kuwe ku nabo bonke ububi o ba ku fikelayo, u se insizwa ku ze ku be manje.

8 Ya vukake inkosi, ya hlala nga sesangweni ba ba tyela bonke abantu, be ti, Bhekani, inkosi i hlezi emnyango. Abantu bonke ba butana ngapambi kwenkosi: ngokuba bonke abakwaIsraeli ba se be balekele kotente babo.

9 Bonke abantu ba pikisana kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, be ti, inkosi ya si sindisa esandhleni sezita zetu, ya si kipa esandhleni samaFilisti manje se i balekele ezweni ngenxa ka Absalomu.

10 uAbsalomu e sa m gcobayo tina, u file empini. Manjeke ini ukuba ni nga kulumi izwi lokubuyisa inkosi na?

11 Inkosi uDavida ya tumela kuZadoki na kuAbiata abapristi e ti, Kulumani ezikulwini za kwa Juda, ni ti, Ku ngani ukuba ni be abokugcina ekubuyiseleni inkosi yayo na? njengaloku inkulumo yabaIsraeli bonke i fikile enkosini, nasendhlini yayo.

12 Nina ni ngabafo wetu, ni ngamatambo ami nenyama yami, ku nganike ukuba ni be abokugcina ekubuyiseni inkosi na?

13 Ni ti kuAmasa, wena a u siye owetambo lami, nenyama yami na? uTixo enze njalo kimi, a dhlulise futi uma u nga yi kuba induna yempi ngapambi kwami njalo, endaweni ka Joabi.

14 Wa tobisa izinhliziyo zabantu bonke ba kwa Juda, za ba njengenhliziyo yomuntu munye; ngako ba tumela enkosini, be ti, Buya wena nezinceku zako zonke.

15 Ngako ya buya inkosi ya fika eJordani, uJuda wa fika eGiladi, ukuhlangabeza inkosi, nokupelekezela inkosi ekuweleni iJordani.

16 uShimi indodana ka Gera, umBenjamini, wa sèBahurimu wa tyetya wehla nabantu ba kwa Juda ukuhlangabeza inkosi uDavida.

17 Kwa ku kona naye amadoda a inkulungwane akwaBenjamini, noZiba inceku yendhlu ka Sauli, namadodana ake a ishumi nesihlanu, nezinceku zake ezi ngamashumi amabili. Ba wela iJordani pambi kwenkosi.

18 Kwa wela isikebe si twele a bendhlu yenkosi, nokwenza okufaneleyo kuye. uShimi indodana ka Gera, wa wa pansi pambi kwenkosi, i si welile iJordani.

19 Wa ti, enkosini, inkosi yami ma i nga beki icala kimi, u nga kumbuli loko okwenziwa inceku yako ngokweyisa ngosuku lokupuma kwenkosi yami, inkosi eJerusalema, inkosi i nga ku cabangi loko enhliziyweni yayo.

20 Ngokuba inceku yako i yazi ukuba yonile, ngako, bheka, ngi fikile kuqala namuhla kuyo yonke indhlu ka Josefa ukwehla ukuhlangabeza inkosi yami inkosi.

21 uAbishai indodana kaZeruia wa pendula wa ti, uShimi a za bulawa ngaloku, ngokuba wa tuka ogcotyiweyo ka Jehova?

22 Wa ti uDavida, ngi za kwenzani kinina, madodana ka Zeruia, ukuba namuhla ni be nga pambene nami na? Ku ya kubulawa umuntu namuhla kubaIsraeli na? A ngazi ini mina ukuba ngi inkosi namuhla pezu kwabaIsraeli na?

23 Ngako ya ti inkosi kuShimi, A u yi kufa wena, Ya funga inkosi kuye.

24 uMefibosheti indodana ka Sauli wehla ukuhlangabeza inkosi e nga zange a lungise izinyawo zake, e nga si gundile nesilevu sake, e nga zi hlanzile nezingubo zake, se loku kwa ba usuku e ya muka ngalo inkosi, kwa ze kwa ba usuku lokubuya kwayo ngokutula.

25 Kwa ti, e se fikile eJerusalema ukuhlangabeza inkosi, ya ti inkosi kuye, A u hambanga ngani wena nami Mefibosheti na?

26 Wa pendula wa ti, nkosi yami, nkosi, inceku yami ya ngi kohlisa: ngokuba inceku yako ya ti, ngi ya ku zibopelela imbongolo, ukuba ngi kwele kuyo, ngi ye enkosini, ngokuba inceku yako i unyonga.

27 U i hlebile inceku yako, enkosini yami, inkosi: kodwa inkosi yami inkosi, i fana nengelosi ka Tixo: kwenzake okulungileyo emehlweni ako.

28 Ngokuba yonke indhlu ka baba ya i njengabafileyo ngapambi kwenkosi yami inkosi: noko wa i beka inceku yako kubo abadhla etebuleni lako, ngi nomsebenzi muni ukuba ngi buye ngi kale futi enkosini na?

29 Ya ti inkosi kuye, u sa kulumelani ngezindaba zako na? Se ngi tyilo ukuba wena noZiba yahlukaniselanani izwe.

30 Wa ti uMefibosheti enkosini, Yebo, ma ka tate konke, njenga loku inkosi yami, inkosi i buyele ngokutula endhlini yayo.

31 uBarzillai umGiladi wehla e puma eRogelimu, wa wela iJordani kanye nenkosi, uku yi welisa iJordani.

32 uBarzillai wa e indoda endala ka-

kulu, e neminyaka e ngamashumi a isishiyagalombili wa e kade e pa inkosi ukudhla i sa hlezi eMahanaimi, ngokuba wa e ngumuntu omkulu kakulu.

33 Ya ti inkosi kuBarzillai, wela nami wena, ngi ya kukupakela kanye nami eJerusalema.

34 Wa ti uBarzillai enkosini, ngi se nokupila okungakanani mina na? Ukuba ngi ze ngi ye nenkosi eJerusalema?

35 Namuhla ngi neminyaka e ngamashumi a isishiyagalombili: ngi nokuqikela okuhle nokubi na? I nako inceku yako ukukuzwa e ku dhlayo, ne ku puzayo na? ngi nga be ngi sa li zwa futi izwi lamadoda a gwabayo, nelesifazana e si gwabayo na? Ku ngani ukuba inceku yako i be umntwalo enkosini yami inkosi na?

36 Inceku yako i ya kuhamba incosana i wele iJordani kanye nenkosi: ku nganike ukuba inkosi i ngi pindisele ngento enhle kangaka na?

37 Ngi ya kuleka, dedela inceku yako ukuba i buye, ukuba ngi fele emzini wakiti, ngi gqitywe eduze netuna lika baba, ne lika mame, kodwa bheka inceku yako uShimhamu, ma i hambe yona kanye nenkosi yami inkosi; a kwenze kuye, okuhle kuwe.

38 Ya pendula inkosi ya ti, uShimhamu u ya kuwela nami, ngi ya kukwenza kuye okulungileyo kuwe, nokufunayo kimi ngi ya kukwenzela kona.

39 Abantu bonke ba wela iJordani. Lapo inkosi se i welile, inkosi ya manga uBarzillai, ya m busîsa, wa buyela endaweni yake.

40 Ya dhlulake inkosi ya ya eGilgali, uShimhamu wa hamba nayo, nabantu bonke ba kwa Juda ba welisa inkosi, nenxenye yabantu ba kwa Israeli.

41 Bheka, onke amadoda a kwa Israeli a fika enkosini, a ti kuyo inkosi, Ku ngani ukuba abafo wetu, amadoda a kwa Juda, a kwebile na? Ba i leta inkosi nendhlu yayo, namadoda onke a ka Davida kanye naye, nganeno kweJordani na?

42 Onke amadoda a kwa Juda, a pendula amadoda a kwa Israeli, e ti, ngokuba inkosi i isihlobo impela kitina, ku nganike ukuba ni si tukutelele nga lento na? Si ke sa dhlani yenkosi na? I si pile isipo na?

43 Amadoda a kwaIsraeli a pendula amadoda a kwaJuda, e ti, si nezinxenye ezi ishumi enkosini, uDavida u fanele tina kunani, ni seyiselani tina na? E yetu inkulumo i be i ngesiyo eyokuqala ukubuyişa inkosi yetu na? Amazwi amadoda a kwaJuda, a e lukuni ku namazwi amadoda a kwaIsraeli.

## ISAHLUKO 20.

KWA ti kwa ba kona umuntu ka Beliali, igama lake li nguSheba, indodana ka Bikri umBenjamini, wa beta itilongo, wa ti, A si nandaba kuDavida a si nafa endodaneni ka Jese; yiyani nonke kotente benu O Israeli.

2 Ngako onke amadoda a kwa Israeli a buya ekulandeleni uDavida, a landela uSheba indodana ka Bikri: kodwa a bakwa Juda ba namatela enkosini yabo, ku suke eJordani ku ze ku fike eJerusalema.

3 uDavida wa bika endhlini yake eJerusalema; inkosi ya tata abesifazana aba ishumi izixebe zake a e zi shiyile ukulinda indhlu, wa zi kweza, wa zi pa ukudhla, kodwa a ka ngenanga kuzo, ngako za valelwa za ze za fa, zi pile ngobudikazi.

4 Ya i si ti inkosi kuAmasa, ngi butele amadoda a kwaJuda ngezinsuku ezintatu, nawe u be kona.

5 Ngako uAmasa wa hamba ukubuta amadoda a kwaJuda; kodwa wa hlala sa ze sa dhlula isikati a e si nqunyelwe.

6 uDavida wa ti kuAbishai, Manje uSheba indodana ka Bikri u ya kusihlupa kakulu ku nokuhlupa kuka Absalomu. Tata izinceku zenkosi yako, u m landele, funa a ngene emzini o nezintango, a si punyuke.

7 Kwa pumake amadoda a ka Joabi, namaKeriti, namaPeleti, nawo onke amadoda a namandhla: a puma eJerusalema, ukulandela uSheba indodana ka Bikri.

8 Se be fikile etyeni elikulu eli seGibeoni uAmasa wa hlangabezana nabo, ingubo ka Joabi a e i fakile ya i semzimbeni wake, kwa ku kona ibande li nenkemba esikwameni sayo okalweni lwake; lapo e hamba ya wa inkemba.

9 uJoabi wa ti kuAmasa, u pilile mfo wetu na? uJoabi wa bamba uAmasa ngesilevu ngesandhla sokuponsa ukumanga.

10 Kodwa uAmasa a ka i nakanga inkemba e ya i sesandhleni sika Joabi, ngako wa m gwaza ngayo obanjeni lwesihlanu, wa cita izibilini zake emhlaba-

tini, a ka sindanga wa fa. Ngako uJoabi, noAbishai umfo wabo ba landela uSheba indodana ka Bikri.
11 Enye insizwa ka Joabi yema eduze naye, ya ti, O tanda uJoabi no ngoka Davida, Ma ka m landele uJoabi.
12 uAmasa wa e se ewile egazini lake emgwaqweni omkulu. Lapo umuntu e bona ukuba bonke abantu ba yema kona, wa m susa uAmasa emgwaqweni wa m yisa endhle wa m boza ngendwangu, ngokuba bonke a ba be dhlula kuye ba bema.
13 E se susiwe emgwaqweni, bonke abantu ba dhlula noJoabi uku landela uSheba indodana ka Bikri.
14 Wa dabula kuzo zonke izizwe zakwa Israeli wa ze wa fika eAbela, naseBeth-maka, naseBerimu: aba kona ba butana ba m landela futi.
15 Ba fika ba m vimbezela eAbela laseBeth-maka, wa misa udonga ngasemzini, lwema emseleni: bonke abantu a ba be noJoabi, bemba udonga uku lu wisa.
16 Kwa kala owesifazana ohlakanipileyo emzini, Yizwani, yizwani: ngi ya ncenga yi tini kuJoabi, a sondele lapa ngi kulume naye.
17 Kwa ti e se fikile eduze naye, wa ti owesifazana, u nguJoabi wena na? Wa pendula wa ti, ngi uye, wa e se ti owesifazana kuye, Yizwa amazwi encekukazi yako. Wa pendula uJoabi wa ti ngi yezwa.
18 Wa kulumake wa ti, Abantu ba be vama ukutyo endulo be ti, Impela ba ya kucela eAbela: kona ba qeda.
19 Mina ngi ngotulileyo nokolekayo kwaIsraeli, u funa ukucita umuzi omkulu kwaIsraeli: ini ukuba u gwinye ifa lika Jehova na?
20 uJoabi wa pendula wa ti, Ma ku be kude, ma ku be kude kimi, ukuba ngi gwinye ngi cite.
21 Indaba ka i njalo: kodwa indoda ya sentabeni ya seEfraimi, uSheba indodana ka Bikri igama lake, welulela isandhla sake enkosini, uDavida. Ngi nike yena kupela kona ngi ya kusuka emzini, wa ti owesifazana kuJoabi, Bheka, ikanda lake li ya kuponswa kuwe odongeni.
22 Owesifazana wa ya kubantu bonke ngokuhlakanipa kwake: Ba m nquma ikanda uSheba indodana ka Bikri, ba li ponsa kuJoabi; uJoabi wa beta itilongo, ba buya emzini kwa ba i lowo 'muntu wa ya kutente wake. uJoabi wa buyela eJerusalema enkosini.
23 Manje uJoabi wa e pezu kwayo yonke impi yakwaIsraeli, uBenaia indodana ka Jehoida wa e pezu kwamaKereti na pezu kwamaPeleti.
24 uAdoramu wa e induna yemali: uJehoshafati indodana ka Ahiludi wa e ngumlobi.
25 uSheva wa e ngumbali: uZadoki noAbiatari ba be ngabapristi.
26 uIra umJairi wa e induna enkulu nga kuDavida.

## ISAHLUKO 21.

KWA ba kona indhlala esikatini sika Davida, iminyaka emitatu, i landelana: uDavida wa buza kuJehova, uJehova wa m pendula wa ti, Ku ngenxa ka Sauli, nangenxa yendhlu yake yegazi, ngokuba wa bulala amaGibeoni.
2 Inkosi ya biza amaGibeoni ya ti kuwo: (amaGibeoni a e nge sibo abantwana baka Israeli, ba be inzalo yamaAmori: abantwana baka Israeli ba be fungile kubo: uSauli wa linga ukubabulala, ngokukutala kwake ku bantwana baka Israeli noJuda.)
3 Wa ti uDavida kumaGibeoni, ngi nga nenzela ntoni mina na? Ngi ni hlaulele ngani, ukuze ni busise ifa lika Jehova na?
4 AmaGibeoni a ti kuye, a si yi kwamkela isiliva negolide kuSauli na kwa bendhlu yake; nangenxa yetu wena a u yi kubulala muntu noyedwa kwaIsraeli, wa ti yena, E ni ku tyoyo, ngi ya ku nenzela kona.
5 Ba pendula inkosi ba ti, Umuntu o wa si bulalayo, no wa si hlanganyelayo ukuba si qedwe si nga sali kuwo wonke amazwe a kwa Israeli,
6 Ma si nikwe a isikombisa kumadodana ake si wa panyeke kuJehova eGibea lika Sauli o wa ketwa uJehova. Ya ti inkosi, Ngi ya kuninika bona.
7 Kodwa inkosi ya m sindisa uMefiboshoti indodana ka Jonatani indodana ka Sauli ngenxa yesifungo sika Jehova e sa si pakati kwabo, pakati kuka Davida noJonatani indodana ka Sauli.
8 Kodwa inkosi ya tata amadodana amabili ka Rizpa, indodakazi ka Aia, a e wa zalele uSauli, uArmoni noMefiboshoti; namadodana a isihlanu ka Mikali indodakazi ka Sauli a e wa zalele uAdrieli indodana ka Barzillai umMeholati.
9 Wa ba nikela ezandhleni zamaGibe-

oni, ba ba panyeka entabeni ngapambi kuka Jehova: ba wa isikombisa kanyekanye, ba bulawa ezinsukwini zokuvuna, ezinsukwini zokuqala, ku sa qalwa ukuvuna ibarle.

10 uRizpa indodakazi ka Aia, wa tata indwangu yamasaka wa zendhlalela yona pezu kwetye, kwa suka ekuqaleni kokuvuna kwa za kwehlela imvula pezu kwabo i vela ezulwini, a ka vumelanga izinyoni zezulu ukuba zi hlale pezu kwabo emini, nezilwane za sendhle ebusuku.

11 Kwa tyelwa uDavida okwenziwa uRizpa indodakazi ka Aia, isixebe sika Sauli.

12 uDavida wa hamba wa tata amatambo ka Sauli namatambo ka Jonatani indodana yake, kubantu ba seJabesh-Giladi a ba be webile emgwaqweni wa seBet-Shani, lapo amaFilisti a e ba panyeke kona emva kokubulala uSauli eGilboa.

13 Wa tata kona amatambo ka Sauli namatambo ka Jonatani indodana yake: ba buta namatambo a ba be panyekiwe.

14 Amatambo ka Sauli, na ka Jonatani indodana ba wa mbela ezweni la kwa Benjamini eZela, etuneni lika Kishi uyise: ba kwenza konke okwayalezwa inkosi. Ngasemva kwa loko, uTixo wa nxuswa ngenxa yezwe.

15 AmaFilisti a lwa futi naba Israeli; uDavida wehla nezinceku yake, wa lwa namaFilisti: uDavida wa pel 'amandhla.

16 uIshbi-benobi, wa kumadodana esiqwaga, isisindo somkonto wake sa si amashekeli etusi a amakulu amatatu, e hlome inkemba entya, wa cabanga ukubulala uDavida.

17 Kodwa uAbishai indodana ka Zeruia wa m sindisa, wa m tyaya umFilisti wa m bulala. Amadoda a kwa Davida a e se funga, e ti, a u sa yi kupiuda u pume impi nati, ku nga ze ku cime ukukanya kuka Israeli.

18 Kwa ti ngasemva kwa loko, kwa ba kona impi futi namaFilisti eGobi: uSibekai umHushati wa bulala uSafi, o wa e ngowamadodana esiqwaga.

19 Kwa ba kona futi impi namaFilisti eGobi lapo uElhanani indodana ka Jareoregimu umBetlehema, wa bulala umfo wabo ka Golia umGiti, uti lomkonto wake lwa lu ugongolo.

20 Kwa ba kona impi futi lapo kwa ku kona umuntu omkulu o wa e neminwe e isitupa ezandhleni zombili; nezinzwani ezi isitupa ezinyaweni zombili, ku amashumi amabili nane konke, naye futi wa zalwa isona isiqwaga.

21 Lapo e yisa uIsraeli, uJonatani indodana ka Shimea umfo wabo ka Davida, wa m bulala.

22 Laba bo bane ba zalwa i leso siqwaga eGati, ba wa ngesandhla sika Davida, na ngesandhla sezinceku zake.

## ISAHLUKO 22.

UDAVIDA wa kuluma kuJehova amazwi a lesi' sihlabelelo ngosuku lokusindiswa kwake uJehova esandhleni sezita zonke zake, na sesandhleni sika Sauli.

2 Wa ti, uJehova u idwala lami, nenqaba yami, nomkululi wami:

3 uTixo wetye lami; ngi ya kwetemba kuye: u isihlangu sami, nopondo lokusindiswa kwami, inqaba yami epakemeyo nesipepelo sami, umsindisi wami; u ya ngi sindisa ekuhlupekeni.

4 Ngi ya kukala kuJehova, o fanele ukudunyiswa; ngi sindisiwe eziteni zami.

5 Lapo amaza okufa a ngi haqa, uzamcolo wabantu a ba nga m konziyo uTixo, wa ngesabisa;

6 Izinhlupeko zeSheoli za ngi zungeza; izihibe zokufa za ngi tiya.

7 Ngokuhlupeka kwami nga kala kuJehova, nga kala kuTixo wami, wa lizwa izwi lami e setempelini lake, nokukala kwami kwa ngena ezindhlebeni zake.

8 Umhlaba wa zamazama, wa tutumela, izisekelo zezulu zesuka za zamazama, ngokuba wa e tukutele.

9 Kwenyuka umusi emakaleni ake, nomlilo o puma emlonyeni wake wa bulala; kwa vela amalahle ngawo.

10 Wa kotamisa amazulu futi, wehla; ubumnyama ba bu ngapansi kwezinyawo zake.

11 Wa kwela pezu kwekerubi, wa ndiza: wa bonakala emapikweni omoya.

12 Wenza ubumnyama bu be otente nga kuye, amanzi a buteneyo, namafu a hlangeneyo ezulu.

13 Ekukanyeni okupambi kwake, kwa vela amalahle omlilo.

14 uJehova wa duma e sezulwini, Omkulu kakulu wa kipa izwi lake.

15 Wa ponsa imicibityelo, wa ba hlakaza; unyazi lwa ba cita.

16 Kwa vela obala imisinga yolwandhle, nezisekelo zomhlaba za bonakala

ekukanyeni kuka Jehova, ngokupuma
komoya emakaleni ake.
17 E pezulu yena wa zelula wa ngi
tata; wa ngi kipa emanzini amaningi.
18 Wa ngi kulula esiteni sami esina-
mandhla, kwa ba ngi zondayo, ngokuba
ba be namandhla kakulu kunami.
19 Ba ngehlela osukwini lokuhlupe-
ka kwami; kodwa uJehova wa e inqa-
ba yami.
20 Wa ngi kipela endaweni ebanzi; wa
ngi kulula, ngokuba wa e jabula ngami.
21 uJehova wa ngi vuza njengokulu-
nga kwami, njengobumhlope bezandhla
zami wa ngabela.
22 Ngokuba nga gcina izindhlela zika
Jehova. A ngi yi shiyanga inkosi yami
ngokwenza okubi.
23 Ngokuba zonke izahlulelo zake za
zi pambi kwami, na ngezimemezelo za-
ke, a ngi kwebukanga kuzo.
24 Nga ngi lungile pambi kwake, nga
zibamba ebubini bami.
25 Ngako uJehova u ngabele njengo-
kulunga kwami; njengobumhlope bami
emehlweni ake.
26 Kwaba nomhau, u ya kuba no-
mhau, na kwabaqoto u ya kubonaka-
lisa ubuqoto.
27 Kwabalungileyo, u ya kubonaka-
lisa ukulunga, na kwabangalungile, u
ya kubonakalisa ukungalungi:
28 U ya kusindisa abantu abahlutwa-
yo; kodwa amehlo ako a pezu kwabazi-
dhlayo ukuze u ba tobise.
29 Ngokuba u isibani sami O Jehova;
uJehova u ya kukanyisa ubumnyama
bami:
30 Ngokuba ngawe ngi dabule impi;
ngoTixo wami ngi lweqile udonga.
31 uTixo, indhlela yake i lungile: izwi
lika Jehova li hlanzekile; u isihlangu
kubo bonke aba temba kuye.
32 Ngokuba ubani onguTixo ngapa-
mbi kuka Jehova? O idwala ngapambi
kuka Tixo na?
33 uTixo u ngamandhla ami, ukuqi-
na kwami; yena u ya yi lungisa indhlela
yami.
34 Wenza izinyawo zami zi be njenge-
zezinyamazane: u ya ngi beka ezinda-
weni zami ezipakemeyo.
35 U ya zi fundisa izandhla zami uku-
lwa; ukuze umcibityelo wensimbi wa-
pulwe imikono yami.
36 U ngi nikile futi isihlangu sokusi-
ndisa kwako; nokutamba kwako ku ngi
kulisile.
37 U zi kulisile izindhlela zami ngapa-
nsi kwami; ngako amaqakala ami a ka
tutumelanga.
38 Nga zi landela izita zami nga zi bu-
lala; a ngi pendukanga ngi nga ka zi
qedi.
39 Ngi zi bulele, ngi zi limazile uku-
ze zi nga vuki; zi wile ngapambi kwe-
zinyawo zami.
40 U ngi binqisile ngamandhla oku-
lwa: abangivukelayo, wa ba kotamisa
ngapansi kwami.
41 U ngi nikile futi izintamo zezita
zami, ukuze ngi ba bulale abangizo-
ndayo.
42 Ba bheka, kodwa a kwa ba ko mu-
ntu wokusindisa; na kuJehova, kodwa
a ka ba pendulanga.
43 Nga ba coboza ba ba njengotuli lo-
mhlabati; nga ba gxoba njengodaka lo-
mgwaqo, nga ba hlakaza.
44 U ngi kululile enkanini yabantu
bami, wa ngondhla ukuba ngi be inhlo-
ko yezizwe; Abantu e be ngi nga bazi ba
za kungikonza.
45 Abangaziwayo ba ya kuzitoba:
ekuzweni kwabo ba ya kungilalela.
46 Abangaziwayo ba ya kubuna, ba
ya kwesaba ezinqabeni zabo.
47 uJehova u pilile; Ma li busiswe
itye lami; ma ka pakanyiswe uTixo we-
dwala lokusindiswa kwami.
48 uTixo o ngi pindiselayo, no wisayo
abantu pansi kwami.
49 No ngi kululayo eziteni zami, u ngi
pakamisile pezu kwabo abangivukelayo:
wa ngi kulula kumuntu o nonya.
50 Ngako ngi ya kubonga wena, Je-
hova, ngapakati ezizweni, ngi ya kuhla-
belela izibusiso ngegama lako.
51 U inqaba yokusindiswa yenkosi ya-
ke; u bonakalise umusa kogcotyiweyo
wake, kuDavida na senzalweni yake ku
ze ku be pakade.

ISAHLUKO 23.

LAWA a ngamazwi okugcina kaDavi-
da, uDavida indodana ka Jese wa ti,
umuntu o wa pakanyiselwa pezulu,
ogcotyiweyo ka Tixo ka Jakobe, no-
mhlabeleli omnandi wa kwa Israeli,
wa ti,
2 Umoya ka Jehova wa kuluma nga-
mi, nezwi lake la li solimini lwami.
3 uTixo ka Israeli wa ti, Itye lika Isra-
eli la kuluma kimina, la ti, O busa pezu
kwabantu, ma ka lunge, a buse ngoku-
mesaba uTixo.

4 A be njengokukanya kwa kusasa, ekupumeni kwelanga, ukusa oku ngenawo amafu: njengokuhluma kotyani obutambileyo emhlabatini ngokukanya emva kwemvula.
5 A i njalo indhlu yami kuTixo na? Ngokuba u senzile kimi isivumelwano esimiyo njalo, si lungile ezintweni zonke, si qinisekile; ngokuba ukusindiswa kwami konke, nokwenama kwami konke, a ka yi kukuhlumisa na?
6 Kodwa amashinga onke a njengameva a ntyingiweyo, ngokuba e ngenakupatwa ngezandhla.
7 Kodwa umuntu o ya kuwatinta ma ka hlonyiswe ngensimbi, na ngoti lomkonto: nabo bonke ba ya kuqedwa njengomlilo ku leyo 'ndawo.
8 Lawa a ngamagama amaqawe a e kuDavida: umHakmoni o wa e hlala esihlalweni, omkulu ezinduneni; u yena uAdino umEzni, wà pakamisa umkonto wake kubantu aba ngamakulu a isishiyagalombili, a ba bulala ngasikati sinye.
9 Emva kwake uEleazari indodana ka Dodo umAhohiti, omunye kwabatatu abanamandhla baka Davida, lapo be delela amaFilisti a e butene ndawonye ukulwa, nabantu ba kwaIsraeli se be hambile.
10 Wa suka wa tyaya amaFilisti kwa za kwa katala isandhla sake, isandhla sa namatela kuyo inkemba; uJehova wenza ukwahlula okukulu ngalolo 'suku: nabantu ba buya emva kwake ukubuta impango kupela.
11 Emva kwake uShama indodana ka Age umHarari, amaFilisti a e butene aba iviyo lapo kwa ku kona umhlabati u gcwele amalentile: Abantu ba wa balekela amaFilisti.
12 Wema ngapakati komhlabati, wa u vikela, wa wa bulala amaFilisti uJehova wenza ukwahlula okukulu.
13 Abatatu ezinduneni ezingamashumi amatatu behla, ba fika kuDavida esikatini sokuvuna emhumeni wa seAdulamu, impi yamaFilisti yemisa esigodini sa seRefa.
14 uDavida wa e senqabeni ngaleso 'sikati, Impi yamaFilisti ya i seBetelehema.
15 uDavida wa fisa, wa ti, kungati omunye a nga ya ku ngi puzisa amanzi ecibi la seBetelehema, eli nga sesangweni.
16 Amadoda lawo amatatu a dabula empini yamaFilisti, aka amanzi ecibini la seBetelehema e la li nga sesangweni, a wa tata, a wa leta kuDavida; kodwa a ka wa puzanga, wa wa tululela uJehova.
17 Wa ti, A ku be kude kimi, Jehova, ukuba ngenze lento, ngi puze igazi labantu aba cityu ukulahla ukupila kwabo? Ngako wa nqaba ukuwapuza. Loku kwenziwa i lawa 'madoda amatatu anamandhla.
18 uAbishai, umfo wabo ka Joabi indodana ka Zeruia, wa ba induna yamashumi amatatu. Wa pakamisa umkonto wake kwa ba ngamakulu amatatu, wa ba bulala, wa ba negama pakati kwamashumi amatatu.
19 Wa e nge mkuli pakàti kwamashumi amatatu na? Ngako wa ba induna yabo: kodwa a ka linganaanga nabatatu.
20 uBenaia indodana ka Jehoida, indodana yomuntu o iqawe, wa seKabzeli, o wa enzile okukulu, wa bulala amaqawe amabili a seMoabi; wehla wa bulala ibubesi ngapakati komgodi ngosuku luka ngqoqwane.
21 Wa bulala umEgipite, umuntu o namandhla: lowomuntu e pete umkonto esandhleni sake; kodwa yena wa ya kuye e pete induku, wa hlwita umkonto esandhleni somEgipite, wa m bulala ngomkonto wake.
22 Lezi 'zinto zenziwa uBenaia indodana ka Jehoida, wa ba negama kumadoda amashumi matatu.
23 Wa ba dhlula ngobuqawe aba ngamashumi amatatu labo, kodwa a ka fikanga kwabatatu. uDavida wa m misa a be umlindi wake.
24 uAsaheli umfo wabo ka Joabi wa ye ngomunye wamashumi amatatu; uElhanani indodana ka Dodo umBetelehema.
25 uShama umHarodi, uElika umHarodi.
26 uHelezi umPaleti, uIra indodana ka Ikeshi umTekoi.
27 uAbieza umAnetoti, uMebunai umHushati.
28 uZalmone umAhohi, uMaharai umNetofati.
29 uHelebi indodana ka Baana, umuntu wa seNetofati, uIttai indodana ka Ribai o wa puma eGibea wabantwana baka Benjamini.
30 uBenaia umPiratoni, uHiddai wa nga semifuleni ya seGashi.
31 uAbi-alboni umArbati, uAzmaveti umBarhumi.

32 uEliaba umShalboni, wa kumadodana aka Jasheni, uJonatani.

33 uShama umHarari, uAhiamu indodana ka Shera umHarari.

34 uElifeleti indodana ka Ahasbai, indodana yomMaakati, uEliamu indodana ka Ahitofeli umGiloni.

35 uHezrai umKarmeli, uParai umArbi.

36 uIgali indodana ka Natani wa seZoba, uBani umGadi.

37 uZeleki umAmoni, uNahari umBeroti, umpati wezikali zika Joabi indodana ka Zeruia.

38 uIra umItri, uGarebi umItri.

39 uUria umHiti; be ngamashumi amatatu nesikombisa be bonke.

## ISAHLUKO 24.

ULAKA luka Jehova lwa buya lwa vuta ngoIsraeli, wa vusa uDavida ukuba a ti kubo, hambani, ni bale uIsraeli noJuda.

2 Ngokuba inkosi ya ti kuJoabi induna yempi, e ya i naye, Hamba manje kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, u suke eDani u ze u fike eBersheba, u bale abantu, ukuze ngi wazi umumo wabantu.

3 Wa ti uJoabi enkosini, uJehova inkosi yako andise abantu, nokuba ba be ngakanani noma amakulu, ukuze amehlo enkosi yami, inkosi, i ku bone kodwa ku ngani ukuba inkosi yami inkosi, i jabule ngalento na?

4 Izwi lenkosi la mahlula uJoabi nezinduna zempi. uJoabi nezinduna zempi wa puma enkosini uku bala abantu ba kwa Israeli.

5 Ba wela iJordani ba misa eAroeri, ngakwesokuponsa komuzi o ngapakati komfula wa seGadi, be bheka eJazeri.

6 Ba fika eGiladi, na sezweni la seTahtimhodshi; ba fika eDanjaani, na nga seZidoni.

7 Ba fika enqabeni ya seTire, na semizini yonke yamaHivi, ne yamaKenani; ba pumela ngasezansi kweJuda, eBersheba.

8 Se be hambile kulo lonke izwe, ba fika eJerusalema ekugcineni kwezinyanga ezi shiyagalolunye nezinsuku ezi ngamashumi amabili.

9 uJoabi wa i nika inkosi umumo wabantu bonke: kwa ba kona kwa ba kwaIsraeli amaqawe a izinkulungwane ezingamakulu a shiyagalombili aba be pata inkemba: na ba kwa Juda ba be amadoda a izinkulungwane ezi ngamakulu a isihlanu.

10 Inhliziyo ka Davida ya m tyaya emva kokubala kwake abantu, wa ti uDavida kuJehova ngonile kakulu ku loku engi kwenzileyo; manje, ngi ya kunxusa Jehova, susa ukona kwenceku yako: ngokuba ngenzile ngobuula.

11 Ekuvukeni kuka Davida kusasa, izwi lika Jehova la fika kuGadi umprofiti umqondisi ka Davida, li ti,

12 Hamba u ti kuDavida, u ti uJehova; Ngi kunika izinto ezintatu, keta enye kuzo ukuba ngi kwenzele yona.

13 uGadi wa fika kuDavida, wa m tyela, wa ti kuye, Ku nga fika kuwe iminyaka e isikombisa yendhlala ezweni lako na? Noma u balekele izita zako izinyanga ezintatu zi ku landela na? Noma ku fike isifo esesabekayo ngezinsuku ezintatu ezweni lako na? Qondake manje u bone impendulo e ngi za ku yi buyisela ko ngi tumileyo.

14 uDavida wa ti kuGadi, ngi cindezekile kakulu: Ma si wele esandhleni sika Jehova; ngokuba umusa wake umkulu; ma ngi nga weli esandhleni somuntu.

15 uJehova wa tuma isifo esesabekayo pezu kwaba kaIsraeli, kwa qala kusasa kwa ze kwa fika isikati esimisiweyo; kwa fa amadoda a izinkulungwane ezingamashumi a isikombisa, ku suka eDani kwa ze kwa gcina eBersheba.

16 Lapo ingelosi yelula isandhla sayo pezu kweJerusalema ukulibulala, uJehova wa penduka ebubini, wa ti kuyo ingelosi e bulele abantu, se kwanele: bamba isandhla sako. Ingelosi ka Jehova ya i ngasendaweni yokubula ka Arauna umJebusi.

17 uDavida wa kuluma kuJehova lapo e bona ingelosi e bulala abantu, wa ti, ngonile impela mina ngenzile okubi; kodwa lezizimvu, zenzeni na? Ngi ya nxusa, isandhla sako ma si be pezu kwami na pezu kwendhlu ka baba.

18 uGadi wa fika nga lolo 'suku kuDavida, wa ti kuye, Kupuka wakele uJehova ilati endaweni yokubula ka Arauna umJebusi.

19 uDavida njengokutyo kuka Gadi wa kupuka wenza njengokuyala kuka Jehova.

20 uArauna wa bheka, wa bona inkosi nezinceku zayo zi za kuye: uArauna wa puma, wa kotama ngobuso pansi ngapambi kwenkosi.

21 uArauna wa ti, Inkosi yami inkosi

i fikeleni encekwini yayo na? Wa ti
uDavida ukutenga indawo yokubula ku-
we, ukwakela kona uJehova ilati ukuze
lesi'sifo esesabekayo si pele kubantu.
22 Wa ti uArauna kuDavida, Inkosi
yami inkosi ma i tate i nikele loko e ku
bonayo: bheka nazi izinkabi zomnikelo,
nezinto zokubula, nezinto ezinye zoku-
sebenza izinkabi, zi be ezezinkuni.
23 Zonke lezi 'zinto uArauna ngobu-
kosi bake wa zi nika inkosi, wa ti uAra-
una enkosini, uJehova uTixo wako ma
kwamkele.
24 Ya ti inkosi kuArauna, qa: kodwa
impela ngi za kukutenga kuwe ngemali;
a ngi yi kunikela izipo ezityisiweyo ku-
Jehova uTixo wami, ku loko o ku nga
ngi bizanga luto. Ngako uDavida wa i
tenga indawo yokubula nezinkabi nga-
mashekeli esiliva a ngamashumi a isi-
hlanu.
25 uDavida wakela kona uJehova ilati
wa nikela izipo ezityisiweyo nezipo zo-
musa. Ngako uJehova wa nxuselwa
izwe, isifo esesabekayo sa nqanyulwa
eIsraeli.

---

INCWADI YOKUQALA

# YAMAKOSI.

## ISAHLUKO 1.

NGA lesosikati uDavida wa e mdala e
nemihla eminingi; ba m ambatisa
izingubo, kodwa ka fudunyezwanga.
2 Ngako izinceku zake za ti kuye, Ma
ku funelwe inkosi yami, inkosi ya kiti
intombi epelayo: ma i me pambi kwe-
nkosi, i hlale nayo i lale esifubeni sako,
ukuze inkosi yami, inkosi ya kiti i fu-
dumale.
3 Ba suka ba yi funa intombi enhle
emazweni onke kwa Israeli, ba m fuma-
na uAbishage wa seShunemu, ba m zisa
enkosini.
4 Lentombi ya i inhle kakulu, ya hla-
la nayo inkosi, ya yonga; kodwa inkosi
ya i nga yazi.
5 Kona uAdonija indodana ka Hagiti
wa zipakamisa, e ti, Mina ngi ya kuba
inkosi: wa zilungisela izinqola naba-
kweli bamahashi, nabantu aba ngama-
shumi amahlanu ukugijima ngapambili
kwake.
6 Uyise wa e nga m kuzanga nakanye
ngokuti, Wenzeleni loku na? futi naye
wa e muhle kakulu, yena wa m elama
uAbsalomu kunina.
7 Wenza icebo noJoabi indodana ka
Zeruia, noAbiatari umpristi: laba ba m
landela uAdonija, ba m siza.
8 Kodwa uZadoki umpristi, noBenia
indodana ka Jehoida, noNatani umpro-
feti, noShimi, noReyi, amaqawe ka Da-
vida, ba be ngahlangani naye uAdo-
nija.
9 uAdonija wa hlaba izimvu, nezinka-
bi, nezinkomo ezinonileyo, nga setyeni
la seZoheleta, oku nga seEnrogeli, wa
ba mema bonke abafo wabo, amadodana
enkosi, nabantu bonke ba kwa Juda, izi-
nceku zenkosi.
10 Kepa uNatani umprofeti, noBenia,
namaqawe, noSolomona umfo wabo, ka
ba memanga.
11 Ngako uNatani wa kuluma noBat-
sheba unina ka Solomona, wa ti, Ka u
zwanga yini ukuba uAdonija indodana
ka Hagiti u se inkosi, uDavida inkosi
yetu kazi kodwa.
12 Ngako a ke u lalele, ngi ku nike
icebo, ukuze u zisindise wena, kanye ne-
ndodana yako uSolomona.
13 Hamba, u ye enkosini uDavida, u ti
kuye, Ka u funganga yini wena, nkosi
yami, nkosi yakiti, kuyo incekukazi ya-
ko, wa ti, uSolomona indodana yako, u
ya kubusa esikundhleni sami, u ya ku-
hlala esihlalweni sami sobukosi? po ku
njani ukuba uAdonija u ya busa?
14 Bhekake, njalo lapo u sa kuluma ko-
na enkosini, mina ngi ya kungena nga-
semva kwako, ngi wa qinise amazwi
ako.
15 uBatsheba wa ngena enkosini
endhlini, inkosi ya i gugile impela,
uAbishage wa seShunemu wa yonga
inkosi.
16 uBatsheba wa kotama, wa kuleka
enkosini. Inkosi ya ti, U funa ntoni
na?

17 Wa ti kuye, Nkosi yami, wena wa
m funga uJehova uTixo wako kuyo
incekukazi yako, wa ti, uSolomona indo-
dana yako u ya kubusa esikundhleni
sami, u ya kuhlala esihlalweni sami so-
bukosi.
18 Bhekake kaloku, nangu uAdonija u
se busa, kepa wena, nkosi, nkosi ya kiti,
ka u kwazi loku.
19 U se hlabile izinkabi, nezinkomo
ezinonileyo, kanye nezimvu eziningi, u
wa memile amadodana onke enkosi, no-
Abiatari umpristi, noJoabi induna yama-
buto: kodwa ka m memanga uSolomo-
na inceku yako.
20 Yebo, nkosi yami, nkosi ya kiti,
amehlo abaIsraeli bonke a bheka kuwe,
ukuba u ba kombise ubani o za kuhlala
esihlalweni sobukosi senkosi yami, inko-
si ya kiti; esikundhleni sayo.
21 Funa lapo inkosi yami, inkosi ya
kiti i si lele nokoko bayo, mina ka-
nye nendodana yami uSolomona si tiwe
izoni.
22 Kwa ti e sa kuluma nenkosi, kwa
ngena noNatani umprofeti.
23 Ya tyelwa inkosi ukuti, Nangu
uNatani umprofeti. Wa ngena enkosi-
ni, wa yi kotamela inkosi wa ti mbo
ngobuso emhlabatini.
24 Wa ti uNatani, Nkosi yami, nkosi
ya kiti, imbala u tyilo wena ukuti,
uAdonija u ya kubusa esikundhleni sa-
mi, u ya kuhlala esihlalweni sami sobu-
kosi?
25 Ngokuba namhla u sehlile u se hla-
bile izinkabi, nezinkomo ezi nonileyo,
nezimvu eziningi, u wa memile nama-
dodana onke enkosi, nezinduna zama-
buto, kanye noAbiatari umpristi; kanja-
lo, ba ya dhla ba ya puza pambi kwake,
ba ti, Ma i hlale inkosi uAdonija.
26 Kodwa mina, inceku yako, noZa-
doki umpristi, noBenia indodana ka Je-
hoida, noSolomona inceku yako, ka si
memanga.
27 Konje leyonto yenziwa iyo inkosi
yami, inkosi ya kiti na? u nga yazisa-
nga inceku yako, ubani o za kuhlala
esihlalweni sobukosi senkosi yami, inko-
si ya kiti, esikundhleni sayo?
28 Wa pendula uDavida inkosi wa ti,
Ngi bizela uBatsheba. Weza ebusweni
benkosi, wema pambi kwenkosi.
29 Inkosi ya funga, ya ti, U kona uJe-
hova, o ngi sindisile ekuhlupekeni ko-
nke kwami.
30 Njengokuba nga funga kuwe uJe-
hova uTixo ka Israeli, nga ti, Iqiniso
uSolomona indodana yako u ya kubusa
esikundhleni sami, u ya kuhlala esihla-
lweni sami sobukosi ngasemva kwami;
impela ngi ya kwenze njalo namhlanje.
31 uBatsheba wa kotama wa ti mbo
ngobuso emhlabatini, wa kuleka enko-
sini, wa ti, Inkosi yami uDavida ma i
me ku be ngunapakade.
32 Wa ti uDavida inkosi, Ngi bizele
oZadoki umpristi, noNatani umprofeti,
noBenia indodana ka Jehoida. Beza pa-
mbi kwenkosi.
33 Inkosi ya ti kubona, Tatani izince-
ku zenkosi yenu, ni m kwelise uSolo-
mona indodana yami enjomaneni yami,
nehlele naye eGihone.
34 uZadoki umpristi noNatani umpro-
feti ma ba m mise kona, a be inkosi ya-
baIsraeli, ni vutele amatilongo ni ti, Ma
i pile inkosi uSolomona.
35 Ni ya kubuya nenyuke ngasemva
kwake; u ya kuza a hlale esihlalweni
sami sobukosi; ngokuba yena u ya ku-
ba inkosi esikundhleni sami: ngi m
misile a be inkosi yabaIsraeli neyaba-
Juda.
36 Wa pendula uBenia indodana ka
Jehoida enkosini, wa ti, Ameni: uJe-
hova uTixo wenkosi yami, inkosi ya kiti
ma a tyo njalo naye.
37 Njengokuba uJehova wa be nayo
inkosi yami, inkosi ya kiti, njalo ma a
be naye uSolomona, a senze isihlalo sake
sobukosi si be sikulu ku naso isihlalo
sobukosi sika Davida inkosi yami, inko-
si ya kiti.
38 Kwa suka uZadoki umpristi, no-
Natani umprofiti, noBenia indodana ka
Jehoida, namapolisa, nezigijimi, zehla,
za kwelisa uSolomona embongolweni ye-
nkosi uDavida za m yisa eGihone.
39 uZadoki umpristi wa tata upondo
lwamafuta etenteni, wa m gcoba uSolo-
mona. Ba vutela itilongo; abantu bo-
nke ba ti, Ma i pile inkosi uSolomona.
40 Abantu bonke ba kupuka ngasemva
kwake, abantu ba beta imintyingo, ba
jabula ngokujabula okukulu, kwa duma
izwe ngomsindo wabo.
41 uAdonija nabo bonke abamenyiwe-
yo aba be hlezi kona naye, bezwa lomsi-
ndo ekuqedeni kwabo ukudhla. uJoabi
wezwa ukukala kwetilongo, wa ti, Owa-
ni lomsindo emuzini nokukuluma oku-
mpitimpiti?
42 E sa kuluma, wa fika uJonatani
indodana ka Abiatari umpristi, uAdonija

wa ti kuye, Ngena, wena, ndoda e qunga
isibindi u ze nezindaba ezitokozisayo.
43 Wa pendula uJonatani wa ti ku-
Adonija, Ngi qinisile inkosi yetu inkosi
uDavida u m bekile uSolomona a be
inkosi.
44 Inkosi i tumile naye uZadoki umpri-
sti, noNatani umprofeti, noBenia indo-
dana ka Jehoida, namapolisa, nezigijimi,
za m kwelisa embongolweni yenkosi:
45 Njalo uZadoki umpristi noNatani
umprofeti ba m gcobile eGihone a be
inkosi: se be vela kona be tokoza, kwa
dungunyeka nomuzi, wona umsindo eni
wu zwileyo.
46 Yebo uSolomona u hlezi esihlalweni
sobukosi sombuso.
47 Kwa fika izinceku zenkosi ukubo-
nga inkosi yetu, inkosi uDavida, zi ti,
uTixo menze igama lika Solomona li
be e li lungile ku negama lako, enze isi-
hlalo sake sobukosi si be si kulu ku
nesihlalo sobukosi sako. Inkosi ya zi
kotamela embedeni wayo.
48 Ya ti inkosi, Ma ka dunyiswe uJe-
hova uTixo ka Israeli, o misile namhla,
omunye ukuhlala esihlalweni sami so-
bukosi, amehlo ami e sa bona nje.
49 Abamenyiweyo aba be kona noAdo-
nija besaba, ba suka, ba hamba bonke
ngezindhlela zabo.
50 Wesaba uAdonija ngenxa ka Solo-
mona, wesuka, wa ya wa bamba izimpo-
ndo zelati.
51 uSolomona wa tyelwa ukuti, Bhe-
ka, uAdonija u ya yesaba inkosi uSolo-
mona: bhekake, u se bamba izimpondo
zelati, e ti, Inkosi uSolomona ma ka ngi
fungele namhlanje ukuti a ka yi kuyi-
bulala inceku yake ngenkemba.
52 uSolomona wa ti, Uma yena u ya
bonakalisa ukuba u ngumuntu o nesimi-
nya, a ku yi ku wa nalunye lwezinwele
zake emhlabatini; kodwa uma okubi ku
funyenwe kuye, u ya kufa.
53 Njalo inkosi uSolomona ya tuma,
ba m ehlisa nga selatini. Weza wa ku-
leka enkosini uSolomona: uSolomona
wa ti kuye, Hamba u ye endhlini yako.

## ISAHLUKO 2.

ZA sondela izinsuku zokufa kuka Da-
vida; wa m yala uSolomona indoda-
na yake wa ti:
2 Mina ngi ya hamba ngendhlela yo-
mhlaba wonke, wo qinisa u zi bonise
ukuba u indoda impela:
3 U gcine umteto ka Jehova uTixo wa-
ko, u hambe ezindhleleni zake, a gcine
imiteto yake, nemiyalo yake, neziniso
zake, neziqiniso zake, njengokulotyiwe-
yo emtetweni ka Mosi, ukuze u sizeke
ngako konke o kwenzayo, na lapo u ha-
mbela kona.
4 Ukuze uJehova a qinise izwi lake a
li shumayelayo ngami, wa ti, Uma nxa
abantwana bako ba gcine izindhlela za-
bo, ba hambe pambi kwami eqinisweni
ngenhliziyo yonke yabo, nangompefu-
mlo wonke wabo, a ku yi kusweleka
muntu esihlalweni sobukosi sabaIsraeli,
u tyo njalo uJehova.
5 Futi nawe u yazi loko okwenziweyo
kimi nguJoabi indodana ka Zeruia, na
loko a kwenzileyo ezinduneni ezimbili
zamabuto abaIsraeli, kuAbneri indoda-
na ka Neri, na kuAmasa indodana ka
Jetro, a ba bulalayo, wa palaza igazi lo-
kulwa ngesikati sokutula, wa li beka
igazi lokulwa oqotweni lwake olu soka-
lweni lwake, na sezicatulweni zake eza
zi sezinyaweni zake.
6 Yenza njaloke ngokuhlakanipa kwa-
ko, u nga yeki izimvi zake zi tyone etu-
neni e tokoza.
7 Ma u wa pate kahle amadodana ka
Barzilai umGiladi, ma wa be kona ku-
bona o bondhlayo, ngokudhla kwako;
ngokuba njaloke beza kimi mzukwana
nga m balekela umfo wenu uAbsalomu.
8 Bheka, nangu uShimi indodana ka
Gera, umBenjamini waseBahurimu, owa
ngi tuka ngokutuka okubi mzukwana
nga ya eMahanami: kodwa wehla uku-
ngihlangabeza eJoredani, nga funga uJe-
hova, nga ti, A ngi yi kukubulala nge-
nkemba.
9 Ngako kalokunje u nga m teteleli:
ngokuba wena u indoda e hlakanipile, u
ya kwazi okufanele u kwenze kuye; izi-
mvi zake ma u zehlise etuneni zi negazi.
10 Njaloke uDavida wa lala nokoko
bake, wa mbelwa emuzini ka Davida.
11 Izinsuku zika Davida zokubusa kwa
Israeli za zi iminyaka e ngamashumi
amane: wa busa iminyaka e isikombisa
eHebroni, wa busa eJerusalema iminya-
ka e ngamashumi amatatu nantatu.
12 Ngasemva kwa lesosikati uSolomo-
na wa hlala esihlalweni sobukosi sika
yise uDavida; umbuso wake wa qinise-
ka ngamandhla.
13 Weza uAdonija indodana ka Hagiti
kuBatsheba unina ka Solomona, wa bu-
za wa ti, U ze ngotando na? wa ti, Ngi
ze ngotando.

14 Wa ti, Ngi ze nendaba kuwena. Wa ti, Quba si zwe.

15 Wa ti, U yazi ukuba umbuso wa u ngowami, ukuba abaIsraeli bonke ba be bheka ukuba ngi buse: kodwa umbuso wa guqulwa u be ngowomfo wetu: ngokuba wa u piwa uJehova.

16 Kaloku ngi ya cela into inye kuwena, musa ukunginqabela. Wa ti kuye, Kuluma ngi zwe.

17 Wa ti, A ku ngi kulumele enkosini uSolomona, (ngokuba ka yi ku nqabela wena) ukuba a ngi nike uAbishage wa seShunemu a be umfazi wami.

18 Wa ti uBatsheba, Ku lungile pela, ngi ya kukukulumela enkosini.

19 Wa suka uBatsheba wa ya kuyo inkosi uSolomona, ukumkulumela uAdonija. Inkosi yesuka ukumhlangabeza, ya m kotamela, ya hlala esihlalweni sayo sobukosi, kwa m bekelwa unina wenkosi isihlalo; wa hlala esandhleni sake sokunene.

20 Wa ti, Ngi ya cela intwana kuwe, ngi ya kuncenga u ngali. Inkosi ya ti kuye, Cela, mame; ngokuba a ngi yi kwala kuwena.

21 Wa ti, Ma ka nikwe uAbishage wa seShunemu kuAdonija umfo wenu, a be umfazi wake.

22 Inkosi uSolomona wa pendula wa ti kunina, Wena u m celelelani uAdonija uAbishage wa seShunemu? M celele nombuso futi; ngokuba yena u ngumfo wetu omkulu; ba celele futi noAbiatari umpristi, noJoabi indodana ka Zeruia.

23 Njalo inkosi uSolomona ya funga uJehova, ya ti, uTixo menze njalo kimi, na ngapezu kwaloko, uma uAdonija ka kulumanga lelizwi lokuzilahla yena.

24 U kona uJehova, yena o ngi qinisile, o ngi misile esihlalweni sobukosi sika Davida ubaba, wa ngenzela indhlu, njengezwi lake, iqiniso uAdonija u za ku bulawa namhlanje.

25 Inkosi uSolomona wa tuma ngesandhla sika Benia indodana ka Jehoida; wa m gela wa za wa fa.

26 Na kuye uAbiatari umpristi inkosi ya ti, Hamba u ye eAnatote, ezweni lako, ngokuba wena u fanele ukufa: noko a ngi yi kukubulala manje, ngokuba wa twala umpongolo ka Jehova uTixo pambi kuka Davida ubaba, na ngokuba wena wa hlutywa ngako konke ubaba a hlutywa ngako.

27 Njalo uSolomona wa m xotya uAbiatari e nga sa bi umpristi ka Jehova; ukuze li gcwaliseke izwi lika Jehova, a li kulumayo ngayo indhlu ka Eli eShilo.

28 Kwa fika indaba kuJoabi: (ngokuba uJoabi u be sa landela uAdonija, kepa e be nga m landelanga uAbsalomu) uJoabi wa baleka wa ya etenteni lika Jehova, wa zi bamba izimpondo zelati.

29 Kwa bikwa kuSolomona inkosi ukuti, uJoabi wa e balekile e ye etenteni lika Jehova; bheka u selatini. Kona uSolomona wa tuma uBenia indodana ka Jehoida, wa ti, Hamba u m bulale.

30 uBenia weza etenteni lika Jehova, wa ti kuye, I ti inkosi, Puma. Wa ti, Qa; kodwa ngi ya kufa kona lapa. uBenia wa pindelisela lelizwi enkosini, e ti, uJoabi wa ngi pendula wa ti.

31 Ya ti inkosi, Yenza njengokutyo kwake, u m bambe, u m bulale; ukuze u suse kimi, na kuyo indhlu ka baba, igazi eli nge nacala, ela palazeka uJoabi.

32 uJehova u ya kupindisela igazi lake pezu kwekanda lake, yena o wa bulala amadoda amabili a yingcwele alungileyo ku naye, wa wa gela ngenkemba, ubaba uDavida e ngazi, ukuti, uAbneri indodana ka Neri, induna yamabuto abaIsraeli, noAmasa indodana ka Jetro, induna yamabuto abaJuda.

33 Ngako igazi labo li ya kupindeselwa pezu kwekanda lika Joabi, na pezu kwekanda lenzalo yake ku ze ku be pakade, kodwa kuDavida, na kuyo inzalo yake, na kuyo indhlu yake, nakuso isihlalo sobukosi sake, njalo ku ya kuba kona ukutula okuvela kuJehova.

34 Njalo wa kupuka uBenia indodana ka Jehoida, wa m bamba wa m bulala: wa mbelwa endhlini yake ehlane.

35 Inkosi ya m misa uBenia indodana ka Jehoida esikundhleni sake pezu kwamabuto; uZadoki umpristi wa miswa esikundhleni sika uAbiatari.

36 Inkosi ya tuma ya m biza uShimi, ya ti kuye, Wo zakela indhlu eJerusalema, u hlale kona, u nga suki kona ukuya ndawo.

37 Ku za kuti, mzukwana u pumayo, u wela umfula okutiwa iKedroni, yazi ukuba iqiniso u za kufa nokufa; igazi lako li ya kuba pezu kwekanda lako.

38 uShimi wa ti enkosini, Ukutyo kwako ku lungile: inceku yako i ya kwenza njengokutyo kwenkosi yami, inkosi ya kiti. uShimi wa hlala eJerusalema izinsuku za ziningi.

39 Kwa ti ekupeleni kweminyaka emi-

tatu, izinceku ezimbili zika Shimi za baleka za ya kuAkishi indodana ka Maka inkosi ya seGati, ba m tyela uShimi ba ti, Izinceku zako zi seGati.

40 Wa suka uShimi, wa bopela imbongolo yake, wa ya eGati ku Akishi e funa izinceku zake: uShimi wa ya, wa zi buyisa nga seGati.

41 Kwa bikelwa kuSolomona ukuti uShimi wa be e sukile eJerusalema wa ya eGati, wa e se buyile.

42 Ya tuma inkosi ya m biza uShimi, ya ti kuye, A ngi ku fungisanga uJehova na, nga qinisa kuwe, nga ti, Yazi ukuba, mzukwana u suka lapa, u hambe ezindaweni ezinye, iqiniso u za kufa? Wena wa ti kimi, Izwi e ngi li zwileyo li lungile.

43 Po ku ngani ukuba a ku gcinanga isifungo sika Jehova, nomyalo wami enga ku yala wona?

44 Inkosi ya buya ya ti kuShimi, U yazi okubi konke oku kona enhliziyweni yako, o bu kwenza kuDavida ubaba; uJehova u za kupindisela okubi kwako pezu kwekanda lako;

45 Inkosi uSolomona i ya kubusiswa, isihlalo sobukosi sika Davida si ya kuqiniswa pambi kuka Jehova ku be ngunapakade.

46 Inkosi ya yala uBenia indodana ka Jehoida, wa puma, wa m gela wa za wa fa. Njalo umbuso wa qiniseka esandhleni sika Solomona.

## ISAHLUKO 3.

USOLOMONA wa hlangana noFaro inkosi ya sEgipite, wa yi tata indodakazi ka Faro, wa yi zisa emuzini ka Davida, i bi kona wa za wa qeda ukwaka indhlu yake, nendhlu ka Jehova, nodonga oluzungezayo iJerusalema.

2 Kodwa abantu ba be nikela ezindaweni ezipakamileyo, ngokuba be ku nge ko indhlu eyakelwa igama lika Jehova, kwa za kwa ku lezozinsuku.

3 uSolomona wa m tanda uJehova, wa hamba ngemiyalo ka Davida uyise: kodwa wa nikela wa tyisa impepo ezindaweni ezipakamileyo.

4 Inkosi ya ya eGibeoni ukunikela kona, ngokuba yona leyo ya i indawo epakamileyo enkulu: uSolomona wa nikela elatini lelo iminikelo yokutya e inkulungwane.

5 Kona eGibeoni uJehova wa bonakala kuSolomona ebusuku epupweni: uTixo wa ti, Cela loko engi ya kukunika kona.

6 uSolomona wa ti, Wa i pata kahle kakulu inceku yako uDavida ubaba, njengokuhamba kwake pambi kwako ngeqiniso, na ngobungcwele, na ngenhliziyo elungileyo kuwena, wa m gcinela lomusa omkulu, wa m nika indodana yokuba i hlale esihlalweni sake sobukosi, njengokuba ku njalo namhla.

7 Kaloku, Jehova Tixo wami, u bekile inceku yako i be inkosi esikundhleni sika Davida ubaba: inganti mina ngi ingane nje: ka ngi kwazi nokupuma nokungena.

8 Inceku yako i pakati kwabantu bako o ba ketileyo, isizwe esikulu, esi nge nakubalwa ngobuningi baso.

9 Ngako i pe inceku yako inhliziyo yokuqonda ukuba ngi buse abantu bako, ngazisise okuhle nokubi: ngoba e ngubani o namandhla ukubusa abantu bako laba, isizwe esikulu kangaka.

10 Kwa ku lungile emehlweni eNkosi, ngokuba uSolomona wa cela leyonto.

11 Wa ti uTixo kuye, Ngokuba u celile leyonto, a ku zicelelanga imihla eminingi, futi a ku zicelelanga nemfuyo; futi a ku celanga nokufa kwezita zako: kodwa u zicelele ukuhlakanipa nengqondo ekubuseni;

12 Bhekake, ngenzile njengokutyo kwako; ngi ku nikile inhliziyo e nokuhlakanipa e nokuqonda; fu ti wa e nge ko o njengawe ngapambili kwako, futi na ngasemva kwako a ku yi kubako o njengawe.

13 Futi ngi ku pile leyonto o nga yi celanga, ukuti imfuyo enkulu, nodumiso: njalo a ku yi kubako o fana nawe pakati kwamakosi ezinsukwini zonke zako.

14 Uma u ya kuhamba ngezindhlela zami, u gcine imiyalo yami nezimemezelo zami, njengokuba uyihlo uDavida wa zi gcina, mina ngi ya kwandisa imihla yako.

15 uSolomona wa papama; bheka, kade e pupa. Weza eJerusalema, wema pambi kompongolo wesivumelwano ka Jehova, wa nikela iminikelo yokutya, wa nikela neminikelo yokutula, wa zenzela izinceku zonke zake idili.

16 Beza enkosini abafazi ababili, aba yizifebe, bema pambi kwayo.

17 Wa ti umfazi omunye, We, nkosi yami, tina kanye na lomfazi si hlala endhlini inye, nga beleta umtwana, yena e sendhlini.

18 Kwa ti izinsuku ezintatu ngasemva

kokubeleta kwami, lomfazi naye wa
beleta: sa si ndawonye; kwa ku nge ko
muntu endhlini, tina sobabili kupela.
19 Umtwana wa lomfazi wa fa ebusu-
ku; ngokuba wa lala pezu kwake.
20 Wa suka ebusuku, wa m tata
umtwana wami nga secaleni lami, ince-
kukazi yako i lele ubutongo, wa m beka
umtwana wami esifubeni sake, wa beka
owake ofileyo esifubeni sami.
21 Ekuvukeni kwami kusasa lapo nga
be ngi za kuncelisa umtwana wami,
bheka, wa e se file: nga ze nga m bheka
kusasa, nga bona ukuba kwa ku nge
siye umtwana wami, engi m zeleyo.
22 Umfazi omunye wa ti, Qa; ozwayo
u umtwana wami, ofileyo u ngumtwana
wako, omunye wa ti, Cabo, ofileyo u
ngumtwana wako, ozwayo u ngumtwa-
na wami. Ba kuluma kanjalo enkosini.
23 Ya pendula inkosi, Omunye u ti,
Owami lomtwana ozwayo, owako ofile-
yo, omunye u ti, Cabo, owako lo ofileyo,
owami ozwayo.
24 Inkosi ya ti, Ngi letele inkemba.
Ba zisa inkemba enkosini.
25 Ya ti inkosi, M dabule kabili lo-
mtwana ozwayo, u m nike umfazi omu-
nye inxenye, nomfazi omunye inxenye.
26 Wa kuluma enkosini lomfazi o ngo-
wake umtwana ozwayo, ngokuba imbi-
lini yake ya vuta ngenxa yomtwana
wake, wa ti, E, nkosi yami, m nike
yena umtwana ozwayo, u nga m bulali,
kodwa lomfazi omunye wa ti, Ma ka
nga bi ngowami na ngowako; ma ka
datyulwe.
27 Ya pendula inkosi ya ti, M nikeni
umtwana ozwayo, ni nga m bulali, uye-
na o ngunina.
28 Bonke abaIsraeli bezwa lelicala ela
tetwa inkosi; ba yesaba inkosi, ngoku-
ba ba be bona ukuba ukuhlakanipa ku-
ka Tixo ku kuyo, ekuteteni kwayo
amacala.

## ISAHLUKO 4.

KWA ti inkosi uSolomona ya i inKosi
yabaIsraeli bonke.
2 Nanka amakunzana ake: uAzaria
indodana ka Zadoki umpristi;
3 uElihorefa noAhia, amadodana ka
Shisha, ababali; uJehoshafati indodana
ka Ahiludi, umkumbuzi wezindaba.
4 uBenia indodana ka Jehoida wa e
induna yamabuto, uZadoki noAbiatari
ba be ngabapristi:
5 uAzaria indodana ka Natani wa e
inkosi yezinduna: uZabuda indodana ka
Natani wa e umpristi omkulu, umhlobo
wenkosi,
6 uAhisha wa miselwa endhlini:
uAdoniramu indodana ka Abda wa mi-
selwa ukutelisa imali.
7 uSolomona wa misa izinduna ezi
ishumi nambili kubo bonke abaIsraeli,
zona za mela ukudhla kwenkosi noku-
dhla kwabo a bendhlu yake: zonke za
mela ukudhla, kwa ba ileyo ya ku mela
inyanga inye yomnyaka.
8 Ilawa amagama azo: Indodana ka
Hure, entabeni kwa Efraimi:
9 Indodana ka Dekare, eMakaze, eShal-
bimu, na seBetishemeshi, na sElonebe-
tehanana:
10 Indodana ka Hesede, eArubote,
kwa ku ngelake iSokohe, nezwe lonke
la seHeferi.
11 Indodana ka Abinadabi, ezintabe-
ni zonke za seDore; umfazi wake wa e
nguTafate indodakazi ka Solomona.
12 uBana indodana ka Ahiludi; la li
ngelake iTanaki neMegido, nalo lonke
iBetshani, eli nga seZartana enzansi
kweJezreli, ku suka eBetshani ku ze
ku fike eAbelamehola, ku ze ku fike
ngapambili kweJokneamu.
13 Indodana ka Gebere, eRamote-gila-
di, ya i ngeyake imizi ka Jaire indodana
ka Manasa, eGiladi, futi la li ngelake
izwe la seArgobe eBashane, (imizi emi-
kulu e ngamashumi a isitupa, e nezindo-
nga nezihlutulo zetusi.)
14 uAhinadabe indodana ka Ido eMa-
hanaimi.
15 uAhimazi wa e kwaNaftali, yena
wa m tata uBasmate indodakazi ka Solo-
mona a be umfazi wake:
16 uBana indodana ka Hushai wa e
seAsheri na seAlote.
17 uJehoshafati indodana ka Parua,
kwaIsakari.
18 uShimi indodana ka Ela, kwa Ben-
jamini.
19 uGebere indodana ka Uri wa busa
ezweni la seGiladi, ezweni lika Sihoni
inkosi yamaAmori, nelika Hogi inkosi
ya seBashane, wa ye induna e yodwa ku
lelozwe.
20 AbaJuda nabaIsraeli ba be baningi,
be ngangesihlabati solwandhle ngobu-
ningi, ba dhla ba puza, ba jabula.
21 uSolomona wa busa emibusweni yo-
nke, kwa qala emfuleni kwa za kwa ba
nga sezweni lamaFilisti, na semkaulwe-
ni wa sEgipite; ba zisa izipo, ba m ko-

nza uSolomona imihla yonke yokuha-
mba kwake.
22 Ukudhla kuka Solomona ngosuku
lu lunye, kwa ku impupu egayekileyo
izilinganiso ezi ngamashumi amatatu,
nezilinganiso zempupu ezi ngamashumi
a isitupa.
23 Izinkabi ezinonileyo ezi ishumi, ne-
zinkabi ezi ngamashumi amabili zama-
dhlelo, nezimvu ezi ikulu, ngapandhle
kwezinyamazane, nezinhlango, nonko-
nka, nezinkuku ezinonileyo.
24 Ngokuba yena wa busa ezweni eli
nganeno komfula, kwa qala eTifsa kwa
za kwa seAza, pezu kwamakosi onke
nganeno komfula, wa hlala ngapa-
ndhle kokulwa ezweni lonke eli zu-
ngezayo.
25 AbaJuda nabaIsraeli ba hlala ka-
hle, abantu bonke pansi kwesivini sabo
na pansi kwemiti yamakiwane yabo,
kwa qala eDani, kwa za kwa seBereshe-
ba, imihla yonke ka Solomona.
26 uSolomona wa e nazo izindhlwana
ezi izinkulungwane ezi mashumi mane
zamahashi nezinqola zake, nabakweli
bamahashi aba izinkulungwane ezi ishu-
mi nambili.
27 Izinceku lezo za mela ukudhla kwe-
nkosi uSolomona, ezinye ngezinye nge-
zinyanga zazo, kwa ku nga sweleki luto
kuzona.
28 Ibarle kanye nefolije lamahashi, na-
mahashi okugijima, zi ku zisa enkosini,
ku ileyo njengomsebenzi wayo.
29 uTixo wa mu pa uSolomona ukuhla-
kanipa, nengqondo enkulu kakulu, ne-
nhliziyo enkulu, ngangesihlabati sa so-
sebeni lolwandhle.
30 Ukuhlakanipa kuka Solomona kwa
dhlula ukuhlakanipa kwabantu bonke
aba sempumalanga, nokuhlakanipa kwa
ba sEgipite.
31 Yebo, wa e hlakanipile ku nabantu
bonke; ku naye uEtani umEzra, noHe-
mani, noKalkole, noDarda, amadodana
ka Mahole, udumo lwake lwezwakala
ezizweni zonke ezizungezayo.
32 Wa pimisa iziga ezi izinkulungwa-
ne ezintatu, amagama ake a be inkulu-
ngwane inye nesihlanu.
33 Wa kuluma ngemiti, umuti wese-
dare la seLebanoni, nehisope elihluma-
yo odongeni, futi wa kuluma na ngezilwa-
ne, na ngezilwanyana, na ngezinyoni,
na ngezinhlanzi.
34 Be suka *abantu* aba sezizweni zonke
beza ukuzwa ukuhlakanipa kuka Solo-
mona, na semakosini onke omhlaba, a
be zwile ngokuhlakanipa kwake.

## ISAHLUKO 5.

UHIRAMU inkosi ya seTire wa zi tu-
ma izinceku zake kuSolomona, ngo-
kuba e be zwile ukuti se be m misile a
be inkosi esikundhleni sika yise: naye
uHiramu wa e m tanda uDavida izikati
zonke.
2 uSolomona wa tuma kuHiramu, wa
ti,
3 U ya m azi uDavida ubaba ukuba
wa e nge namandhla ukwakela igama
lika Jehova uTixo wake indhlu, ngenxa
yokulwa okwa ku kona kubantu ezweni
lonke, kwa za kwa ti uJehova wa ba
beka pansi komzansi wezinyawo zake.
4 Kodwa kaloku uJehova uTixo wami
u ngi nikile ukupumula ngasemacaleni
onke, ka si ko isita, ka ku ko nokubi.
5 Bheka, se ngi tanda ukwakela igama
lika Jehova uTixo wami indhlu, nje-
ngokuba uJehova wa kuluma kuDavi-
da ubaba, wa ti, Indodana yako, engi za
kuyimisa esihlalweni sako sobukosi esi-
kundhleni sako, yena u ya kwakela iga-
ma lami indhlu.
6 Ngako ma u ba yale, ba ngi gaulele
imiti yesedare eLebanoni, izinceku zami
zi ya kusebenza kanye nezako: ngi ya
kukukokela izinceku zako njengokubiza
kwako: ngokuba u yazi ka mu ko u
muntu kwaba kiti okwaziyo ukugaula
imiti njengamaSidonia.
7 Kwa ti uHiramu e se wezwile ama-
zwi ka Solomona, wa tokoza ngama-
ndhla, wa ti, Ma ka dunyiswe uJehova
namhla, yena o m nikileyo uDavida
indodana ehlakanipileyo ukubusa lesisi-
zwe esikulu kangaka.
8 uHiramu wa tuma kuSolomona, wa
ti, Se ngi qondile lezozinto owa tuma ki-
mi ngazo: nami ngi ya kwenza intando
yako yonke ngayo imiti yesedare, na
ngemiti yefire.
9 Izinceku zami zi ya kuyitata eLeba-
noni zi yi yise elwandhle: ngi ya ku-
yituta elwandhle ngezikebe kuyo inda-
wo e ya kumiswa uwe, ngi ya kotula
imiti kona, nawe u ya kuyitata kona la-
po: u ya kutokozisa inhliziyo yami ngo-
kupa ukudhla kubo abendhlu yami.
10 Kwa ku njalo ukuba uHiramu wa
m nika uSolomona imiti yesedare, nemiti
yefire njengentando yake.
11 uSolomona wa m nika uHiramu
izilinganiso e zi izinkulungwane ezi nga-

mashumi amabili, ukudhla kwabendhlu yake, neziliganiso ezi ngamashumi amabili zamafuta acoeekileyo, njalo uSolomona wa mu pa uHiramu iminyaka yonke.

12 uJehova wa m nika uSolomona ukuhlakanipa njengokutyo kwake kuye: ba be tandana oHiramu noSolomona; laba bobabili benza isivumelwano.

13 uSolomona wa kipa izibalo kubaIsraeli bonke, amadoda a izinkulungwane ezimashumi amatatu.

14 Wa wa tuma eLebanoni a izinkulungwane ezi ishumi, a pambane ngenyanga, a hlale inyanga inye eLebanoni, a buye a hlale izinyanga ezimbili ekaya, uAdoniramu wa busa izibalo lezo.

15 uSolomona wa misa abatwalayo imitwalo aba izinkulungwane ezimashumi a isikombisa, nabagauli ezintabeni aba izinkulungwane ezi ngamashumi ashiyangalombili.

16 Ngapandhle kwezinduna zezinceku zika Solomona, zona eza gcina umsebenzi, zi izinkulungwane ezintatu namakulu amatatu, eza zi busa labo abasebenzayo.

17 Inkosi ya ba yala, bona ba kipe amatye amakulu, amatye a nemali, namatye abaziweyo, ukwaka izisekelo zendhlu.

18 Abaki baka Solomona, kanye nabaki baka Hiramu ba wa baza, naba seGebeli: njalo ba lungisa imiti namatye ukwaka indhlu.

## ISAHLUKO 6.

KWA ti ngomnyaka wamakulu amane namashumi ashiyagalombili ngasemva kwesikati sokupuma kwabantwana ba Israeli, be puma Egipite, ngomnyaka wesine wokubusa kuka Solomona abaIsraeli, ngenyanga yokutiwa iZifi ukuti inyanga yesibili, wa qala ukwaka indhlu ka Jehova.

2 Inkosi uSolomona wa yaka indhlu ka Jehova, ukusuka kwayo kwa ku ngamakubiti a ngamashumi a isitupa, ububanzi bayo ba bu amakubiti a ngamashumi amabili nobude bayo amakubiti a ngamashumi amatatu.

3 Isango ngapambili kwetempeli lendhlu, ukusuka kwalo kwa ku ngamakubiti a ngamashumi amabili ngapambili kobubanzi bendhlu, amakubiti a ishumi ububanzi balo ngapambili kwendhlu.

4 Wenzela indhlu izibuko zezinti ezibekiweyo.

5 Nga sodongeni lwendhlu wa waka amagumbi azungezayo nga sodongeni lwendhlu kanye netempeli nodebire, wenza amagumbi azungezayo.

6 Igumbi la senzansi ububanzi balo ba bu amakubiti a isihlanu, igumbi la ngapakati ububanzi balo ba bu amakubiti a isitupa, igumbi lesitatu ububanzi balo ba bu amakubiti a isikombisa; ngokuba ngapandhle kodonga lwendhlu wenza izisekelo ezizungezayo nga semacaleni onke, ukuze imityayo i nga ngeni ezindongeni zendhlu.

7 Indhlu i sakiwa, yakiwa ngamatye a ngabaziwe a sematyeni, njalo kwa ku ngezwakali ukutyaya kwesando, nezembe, nezinsimbi ezinye zokusebenza ku leyondhlu, i sakiwa.

8 Umnyango wendhlu o ngapakati wa u secaleni lendhlu lokunene, ba kupuka ngesikwelo esizungezayo ukuya endhlini e ngapakati nga segumbini elingapakati, ba ngena egumbini lesitatu.

9 Kanjalo wa yaka lendhlu wa yi qeda, wa fulela indhlu namagumbi ngemiti namaplankwe esedare.

10 Waka amagumbi nga semacaleni endhlu, ubukulu bawo amakubiti a isihlanu, a bambelela endhlini na pezu kwemiti yesedare.

11 Izwi lika Jehova leza kuSolomona la ti:

12 Lendhlu o yakayo, uma u ya kuhamba ngezimiso zami wenze imiteto yami, u gcine imiyalo yami yonke, u hambe ngayo; njalo ngi ya kukupata njengalo izwi lami enga li tyoyo kuDavida uyihlo.

13 Ngi ya kuhlala pakati kwabantwana baka Israeli, a ngi yi kubashiya abantu bami, abaIsraeli.

14 Kanjaloke uSolomona wa yaka lendhlu, wa yi qeda.

15 Wa zaka izindonga zendhlu ngapakati ngamaplankwe esedare, kwa suka pansi endhlini nezindonga kwa sopahleni ngapezulu waka ngemiti wa gandaya pansi endhlini ngamaplankwe efire.

16 Waka amakubiti a ngamashumi amabili nga secaleni lendhlu la semva na sezindongeni ngamaplankwe esedare waka kona ngapakati ku be udebire, yona indawo e yingcwele.

17 Indhlu, ukuti itempeli ngapambili, kwa ku ngamakubiti a ngamashumi amane.

18 Isedare endhlini pakati la feketiswa izinqumbi, nembali eqakazileyo, konke

kwa ku isedare, a ku bonakalanga natye kona.

19 Udebire wa m lungisa endhlini pakati, ukuba ku bekwe kona umpongolo wesivumelwano ka Jehova.

20 Udebire ngapambili ubude bake ba bu ngamakubiti a ngamashumi amabili, namakubiti a ngamashumi amabili ngobubanzi, ukusuka kwake kwa ku amakubiti a ngamashumi amabili wa m nameka ngegolide elihle; wa nameka ilati lesedare.

21 Njalo uSolomona wa yi nameka indhlu ngapakati ngegolide elihle wa honqa ngapambi kuka debire ngamaketanga egolide.

22 Indhlu yonke wa yi nameka ngegolide, wa za wa yi qeda indhlu yonke, nalo lonke ilati ela li kona kudebire, wa li nameka ngegolide.

23 Pakati kuka debire wenza amakerube amabili ngemiti yomnquma, ku ilelo li nobude ukuti amakubiti a ishumi.

24 Ipiko li linye lekerubi la li ngamakubiti a isihlanu, nelinye ipiko la li ngamakubiti a isihlanu: kwa sesihlokweni sepiko elinye kwa za kwa ba esihlokweni selinye ipiko, kwa ku ngamakubiti a ishumi.

25 Ikerubi elinye nalo la li ngamakubite a ishumi, amakerubi a lingene nje, a te tuxa.

26 Ubude balo ikerubi la linye ba bu amakubiti a ishumi, nalo elinye la li njalo futi.

27 Wa wa beka amakerubi endhlini ngapakati a luleka amapiko amakerubi, kwa ti ipiko lelinye la fika odongeni, nalo ipiko lekerubi elinye la fika odongeni olunye, amapiko awo a hlangana pakati endhlini.

28 Wa wa nameka amakerubi ngegolide.

29 Wa feketisa izindonga zendhlu yonke ngezitombe ezibaziweyo zamakerubi, nemiti yesundu, nembali eqakazileyo, pakati na ngapandhle.

30 Wa nameka pansi indhlu ngegolide, ngapakati na ngapandhle.

31 Emnyango ka debire wa zenza izicaba zemiti yomnquma; ikotamo nezinsika za zi o kwesihlanu.

32 Izicaba ezimbili futi za zi imiti yomnquma; wa zi feketisa ngamakerubi abaziweyo, nemiti yesundu, nembali eqakazileyo, wa ku nameka ngegolide, wa nameka namakerubi, nemiti yesundu ngegolide

33 Njalo wenza emnyango wetempeli, izinsika zemiti zomnquma, okwesine odongeni.

34 Izicaba zombili za zi imiti yefire; izicaba zombili za songwa kabili.

35 Wa zi feketisa ngamakerubi, nemiti yesundu, nembali eqakazileyo, wa ku nameka ngegolide, lapo kwa bazwa kona.

36 Waka isihonqa sa ngapakati izindwendwe ezintatu zamatye abaziweyo, nodwendwe lwemityayo yesedare.

37 Izisekelo za miswa ngomnyaka wesine, ngenyanga yokuti iZifi:

38 Ngomnyaka weshumi nanye, ngenyanga okutiwa Buli, (ukuti inyanga yesishiyagalombili) indhlu ya qedwa, ngako konke okwayo, na sekudabuleni konke. Njalo wa yaka ngeminyaka e isikombisa.

## ISAHLUKO 7.

USOLOMONA wa yaka indhlu yake iminyaka e ishumi nantatu, wa yi qeda indhlu yake, ya ti du.

2 Waka nendhlu yehlane la seLebanoni; ubude bayo ba bu ngamakubiti a ikulu, ububanzi bayo amakubiti a ngamashumi a isihlanu, ubukulu bendhlu ba bu ngamakubiti a ngamashumi amatatu, ezindwendweni ezine zezinsika zesedare, imityayo yesedare i bi pezu kwezinsika.

3 Ya fulelwa ngesedare pezu kwemityayo ezinsikeni ezingamashumi amane nesihlanu, izinsika zi ishumi nesihlanu udwendwe lu lunye.

4 Za zi kona izibuko, izindwendwe ezintatu, isibuko si pezu kwesibuko, izindwendwe ezintatu.

5 Yonke iminyango nezinsika za zi namacala amane zi bekelwa imityayo, isibuko si pezu kwesibuko izindwendwe ezintatu.

6 Wenza isango ngezinsika; ubude balo ba bu ngamakubiti a ngamashumi amahlanu, ububanzi balo amakubiti a ngamashumi amatatu; isango la li ngapambili kwazo; nezinsika nomgulugulu wa u ngapambili.

7 Wenza isango lesihlalo sobukosi, lapo wa e za kuteta kona amacala, isango lokuteta amacala; la li nanyekwa ngesedare emacaleni onke.

8 Indhlu yake, lapo wa e hlala kona ya i nesihonqa pakati esangweni, ela fana ngokudabula kwalo. uSolomona wa yenzela futi nendodakazi ka Faro,

umkake, indhlu e ya fana nalo lelisa-
ngo.
9 Konke loku kwakiwa ngamatye a
nenani, a ngangamatye abaziweko ngo-
bukulu, a sahwa ngamasaha, pakati na
ngapandhle, kwa suka pansi esisekelwe-
ni kwa za kwa ba pezulu, na ngapandhle
kwa sendaweni enkulu.
10 Isisekelo sa si ngamatye a nenani,
amatye amakulu, amatye a namakubiti
a ishumi, namatye a namakubiti a isi-
shiyagalombili.
11 Pezulu a be kona amatye a nenani,
a ngangamatye abaziweyo, nemiti yese-
dare.
12 Isihonqa esikulu esizungezayo sa si
nezindwendwe ezintatu zamatye abazi-
weyo, nodwendwe lwemityayo yesedare,
njengendawo yendhlu ka Jehova, epa-
kati kanye nesango lendhlu.
13 uSolomona wa tuma wa m biza
uHiramu eTire.
14 Yena wa e indodana yomfelokazi
otile wesizwe sika Naftali, uyise wa e
umuntu wa seTire, owa e kanda itusi,
wa e hlakanipile, wa e inyanga yetusi e
kwazi ukukanda konke okusetyenzwayo
ngetusi. Weza kuyo inkosi uSolomona,
wa sebenza wonke umsebenzi wake.
15 Wa kanda izinsika ezimbili zetusi,
zombili ubude bazo ku ngamakubiti a
ishumi nesishiyagalombili: udwendwe
lwamakubiti a ishumi nambili lwa zi
zungeza zombili.
16 Wenza izinhloko ezimbili zetusi eli-
futwayo, zokubekwa pezu kwezinsika;
ubude benhloko i inye kwa ku ngama-
kubiti a isihlanu, ubude benhloko enye
kwa ku ngamakubiti a isihlanu.
17 Amahluzo alukiweyo namaqele a
setyenzwa ngamaketango ezinhlokweni
ezi pezu kwezinsika; inhloko i inye i
ngamakubiti a isikombisa.
18 Wa zenza izinsika, nezindwendwe
ezimbili pezu kwehluzo linye, ukubeka
ezinhlokweni ezi pezulu namagranite,
wenze njalo enhlokweni enye futi.
19 Izinhloko eza zi kona ezinsikeni za
zi feketiswa ngombodiya esangweni,
amakubiti a be mane.
20 Izinhloko ezinsikeni zimbili za zi
namagranite pezulu, esiswini sazo eduze
nehluzo: amagranite a be ngamakulu
amabili ezindwendwe eza zungeza inhlo-
ko inye.
21 Wa misa izinsika esangweni lete-
mpeli; insika ya sokunene wa yi misa,
wa yi ta igama lokuti, uJakini; wa mi-
sa nensika ya sokohlo, wa yi ta igama
lokuti uBoazi.
22 Ezinhlokweni zezinsika kwa feke-
tiswa ngombodiya, njalo imisebenzi ye-
zinsika ya pela.
23 Wenza ulwandhle olufutwayo, lu
ngamakubiti a ishumi kwa suka ku lo-
ludini kwa za kwa ba ku loluya; lwa
lu yindilinga, ubude ba bu amakubiti a
isihlanu, udwendwe lwamakubiti a nga-
mashumi amatatu lwa lu zungeza ema-
caleni onke.
24 Udini lwa feketiswa ngemiqumbi,
imiqumbi i ishumi kulo ikubiti li linye,
kwa zungeza ulwandhle; imiqumbi ya
futwa ngezindwendwe ezimbili ekufu-
tweni kwayo.
25 Lwa hlala pezu kwezinkabi ezi
ishumi nambili, ezintatu za bheka nga
senyakato, ezintatu za bheka nga sentyo-
nalanga, ezintatu za bheka nga seningi-
zimu, ezintatu za bheka nga sempumala-
nga, ulwandhle lwa lu hlala pezu kwa-
zo, zona za dunuselana.
26 Uhlonze lwalo lwa lu ngangesa-
ndhla somuntu, udini lwalo, lwa lu nje-
ngalo udini lwesitya, lu nembali umbo-
diya, lwa lu nezincengezi zokugezela ezi
izinkulungwane ezimbili.
27 Wa zenza izikondo ezi ishumi, ubu-
de besikondo si sinye ba bu ngamaku-
biti amane, ububanzi baso ba bu ngama-
kubiti amane, ukusuka kwaso amaku-
biti amatatu.
28 Ukudabula kwezikondo kwa ku
nje ukuti, za zi nezindini, izindini za zi
pakati kwezinsiko.
29 Ku lezi zindini pakati kwezinsiko
kwa ku kona amabubesi, nezinkabi,
namakerubi: kuzo izinsiko kwa ku ko-
na isikondo ngapezulu: pansi kwama-
bubesi na ngapansi kwezinkabi kwa ku
kona amaqele a setyenziweyo ngokuba-
ndakanye.
30 Kwa ku kona namasondo amane
etusi esikondweni sinye, amaasi etusi;
amagumbi alo amane a be nazo izinti,
ngapansi kwaso isitya sokuhlambela
kwa ku kona izinti ezinamatisileyo, eca-
leni lamaqele onke.
31 Umlomo waso pakati kwenhloko
nangapezulu kwa ku ikubiti: umlomo
waso wa u indilinga njengesikondo ngo-
kusetyenzwa, ikubiti li linye nenxenye,
emlonyeni waso kwa ku kona okubazi-
weko, nezindini zazo za zi namacala
amane, za zi nge izindilinga.
32 Amasondo amane a be ngapansi

kupuka eTirza, we za eSamaria wa m hlula uShaluma, indodana ka Jabeshi eSamaria, wa m bulala, wa busa esikundhleni sake.

15 Imisebenzi eminye ka Shaluma, necebo lake, a lenzayo, bheka ku lotyiwe encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli.

16 Kona uMenahemu wa cita iTifsa, nabo bonke aba be kona, namazwe alo, ku suka eTirza; ngokuba be nga m vulelanga, wa li cita; nabafazi abamitiyo bonke aba be kona, wa ba qaqa.

17 Ngomnyaka wamashumi amatatu nesishiyagalolunye ka Azaria inkosi yabaJuda, uMenahemu indodana ka Gadi wa qala ukubusa kwaIsraeli, wa busa iminyaka ya ishumi eSamaria.

18 Wenza kabi emehlweni ka Jehova: ngemihla yonke yake, a ka zi shiyanga izono zika Jeroboamu indodana ka Nebati, yena owonisa abaIsraeli.

19 uPuli inkosi ya seAsiria we za ezweni lelo: uMenahemu wa m nika u Puli amatalenta esiliva a inkulungwane, ukuba isandhla sake si be naye ukuqinisa umbuso esandhleni sake.

20 uMenahemu wa telisa abaIsraeli bonke abakulu empini, nabantu bonke wa biza amashekeli esiliva a ngamashumi amahlanu, ukuyinika inkosi ya seAsiria. Njalo inkosi ya seAsiria ya buya, ya i nga hlali kona ezweni.

21 Imisebenzi eminye ka Menahemu nako konke a kwenzayo, ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli?

22 uMenahemu wa lala nokoko bake, uPekahia indodana yake wa busa esikundhleni sake.

23 Ngomnyaka wamashumi amahlanu ka Azaria inkosi yabaJuda uPekahia indodana ka Menahemu wa qala ukubusa kwa Israeli eSamaria, wa busa kona iminyaka emibili.

24 Wenza kabi emehlweni ka Jehova, ka zi shiyanga izono zika Jeroboamu indodana ka Nebati, yena owonisa abaIsraeli.

25 Kodwa uPeka indodana ka Remalia, induna yake, wa menzela icebo, wa mahlula eSamaria esigodhlweni sendhlu yenkosi, kanye no Argobe noAria namadoda a ngamashumi amahlanu, amaGiladi, wa m bulala, wa busa esikundhleni sake.

26 Imisebenzi eminye ka Pekahia, nako konke a kwenzayo, bheka, ku lotyiwe encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli.

27 Ngomnyaka wamashumi amahlanu nambili ka Azaria inkosi yabaJuda, uPeka indodana ka Remalia wa ba inkosi yabaIsraeli eSamaria, wa busa iminyaka ya i ngamashumi amabili.

28 Wenza kabi emehlweni ka Jehova: ka zi shiyanga izono zika Jeroboamu indodana ka Nebati, yena owonisa abaIsraeli.

29 Ngezinsuku zika Peka inkosi yabaIsraeli, kweza uTiglatpilesari inkosi ya seAsiria, wa nqoba iJoni, neAbelbetemaka, neJanoa, neKedeshi, neHazori, neGiladi, neGalile, nezwe lonke la seNaftali, wa ba yisa abantu be botyiwe eAsiria.

30 uHoshea indodana ka Ela wa m enzela uPeka icebo indodana ka Remalia, wa m tyaya, wa m bulala, wa busa esikudhleni sake ngomnyaka wamashumi amabili ka Jotamu indodana ka Uzia.

31 Imisebenzi eminye ka Peka nako konke a kwenzayo, bheka, ku lotyiwe encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli.

32 Ngomnyaka wesibili ka Peka indodana ka Remalia inkosi yabaIsraeli, uJotamu indodana ka Uzia inkosi yabaJuda, wa qala ukubusa.

33 Ekuqaleni kwake ukubusa, iminyaka yake ya i ngamashumi amabili, wa busa iminyaka ya i ishumi nesitupa eJerusalema, igama lika nina lá li nguJerusha, indodakazi ka Zadoki.

34 Wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova, wenza ngako konke a kwenzayo uyise uUzia.

35 Kodwa izindawo ezipakamileyo za be zi nga suswanga; abantu ba be sa hlaba iminikelo, ba tyisa impepo ezindaweni ezipakamileyo. Waka isango la senhla endhlini ka Jehova.

36 Imisebenzi eminye ka Jotamu nokwenza konke kwake, ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

37 Nga lezozinsuku uJehova wa qala ukutuma kuJuda uRezina inkosi ya seSiria, noPeka indodana ka Remalia.

38 uJotamu wa lala nokoko bake emuzini ka Davida uyise. uAhazia indodana yake wa busa esikundhleni sake.

## ISAHLUKO 16.

NGOMNYAKA weshumi nesikombisa ka Peka indodana ka Remalia,

uAhazi indodana ka Jotamu inkosi yabaJuda wa ba inkosi.

2 Ekuqaleni kwake ukubusa iminyaka ka Ahazi ya i ngamashumi amabili, wa busa iminyaka ya ishumi nesitupa eJerusalema, ka kwenzanga okufaneleyo emehlweni ka Jehova uTixo wake njengoDavida uyise.

3 Kepa wa hamba ngendhlela yamakosi abaIsraeli, yebo, wa yi dhlulisa indodana yake emlilweni, njengemikuba emibi yezizwe, a zi xotyayo uJehova ngapambili kwabantwana baka Israeli.

4 Wa hlaba iminikelo, wa tyisa impepo ezindaweni ezipakamileyo, na semadulini, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza.

5 Kona uRezina inkosi ya seSiria no-Peka indodana ka Remalia inkosi yaba-Israeli, ba kupuka beza eJerusalema, ukulwa: ba hlasela kuAhazi, kodwa ba be nge nakumahlula.

6 Nga lesosikati uRezina inkosi ya seSiria wa buyisa iElati kumaSiria, wa ba xotya abaJuda eElati: amaSiria e za eElati, akile kona ku ze ku be namhlanje.

7 Ngako uAhazi wa tuma isigijimi kuTiglatpilesare inkosi ya seAsiria, wa ti, Mina ngi inceku yako, nendodana yako: kupuka u ze, u ngi sindise esandhleni senkosi ya seSiria, na sesandhleni senkosi yabaIsraeli aba ngi vukeleyo.

8 uAhazi wa tata isiliva negolide ela li funyanwa endhlini ka Jehova, na semfuyeni yendhlu yenkosi, wa li tuma wa labela inkosi ya seAsiria.

9 Inkosi ya seAsiria ya m lalela: inkosi ya seAsiria ya hlasela eDamaseku, ya li nqoba, ya mukisa abantu ba lomuzi eKira, ya m bulala uRezina.

10 Ya suka inkosi uAhazi, ya ya eDamaseku ukumhlangabeza uTiglatpilesare inkosi ya seAsiria, wa bona ilati ela be li kona eDamaseku; inkosi uAhazi wa tuma kuRija umpristi isimilo selati, nomfanekiso walo, njengokudabula kwalo konke.

11 uRija umpristi wa laka ilati li njengako konke e bi ku tumile inkosi uAhazi ku vela eDamaseku: njalo uRija umpristi wa lenza la za la pela ngesikati sokubuya kwenkosi uAhazi eDamaseku.

12 Kwa ti i si fikile inkosi i vela eDamaseku, inkosi ya li bona i lati: inkosi ya sondela elatini, ya nikela iminikelo pezu kwalo.

13 Ya tyisa umnikelo wokutya wayo, nomnikelo wokudhla wayo, ya tela umnikelo wokupuza wayo, ya fafaza elatini igazi leminikelo yayo yokutula.

14 Futi wa li leta ilati letusi, ela li kona pambi kuka Jehova, wa li susa ngapambi kwendhlu pakati kwelati nendhlu ka Jehova, wa li beka ohlangotini lwelati nga senyakato.

15 Inkosi uAhazi wa yala uRija umpristi, e ti, Elatini elikulu wo nikela umnikelo wokutya wokusa, nomnikelo wokudhla wokuhlwa, nomnikelo wokutya wenkosi nomnikelo wokudhla wayo, kanye nomnikelo wokutya wabantu bonke bezwe; nomnikelo wokudhla wabo, nomnikelo wokupuza wabo, u fafaze kulona igazi lonke lomnikelo wokutya, negazi lonke lomhlabelo: ilati letusi li za kuba elami lokuqonda ngalo.

16 Njalo uRija umpristi wenza njengokuyala konke kuka Ahazi inkosi.

17 Inkosi uAhazi wa nquma izindini zeziqu, wa susa udiwo lokuhlanzela kuzo; wa lotula ulwandhle ezinkabini zetusi e za zi ngapansi kwalo, wa lu beka ekuhlelweni kwamatye.

18 Upahla lwesabata aba be lwakile endhlini, nendawo yokungena yenkosi ngapandhle, wa ku pambukisa endhlini ka Jehova ngenxa yenkosi ya seAsiria.

19 Imisebenzi eminye ka Ahazi a yenzayo, ka i lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

20 uAhazi wa lala nokoko bake, wa mbelwa ndawonye nokoko bake emuzini ka Davida; uHezekia indodana yake wa busa esikundhleni sake.

## ISAHLUKO 17.

NGOMNYAKA weshumi nambili ka Ahazi inkosi yabaJuda, uHoshea indodana ka Ela, wa qala ukubusa aba-Israeli eSamaria, wa busa iminyaka e isishiyagalolunye.

2 Wenza kabi emehlweni ka Jehova, noko kwa be ku nge njengamakosi aba-Israeli, a be kona ngapambili kwake.

3 uShalamanesa inkosi ya seSiria wenyuka ukuhlasela kuye: uHoshea wa ba inceku yake, wa tela kuye.

4 Inkosi ya seSiria ya fumana icebo kuHoshea; ngokuba wa be e tumile izigijimi kuSo, inkosi ya sEgipite, e nga leti isipo kuyo inkosi ya seSiria, njengo-

kwenza kwake iminyaka ngeminyaka; kona inkosi ya seSiria ya m valela, ya m bopa etilongweni.

5 Njalo inkosi ya seSiria yenyuka, ya dabula ezweni lonke, ya ya na seSamaria, ya li haqa iminyaka emitatu.

6 Ngomnyaka wesishiyagalolunye ka Hoshea, inkosi ya seAsiria ya nqoba abantu eSamaria, ya hambisa abaIsraeli eAsiria, ya ba hlalisa eHala, na seHabore, ngasemfuleni wa seGozana, na semizini yamaMidia.

7 Kwa ti abantwana baka Israeli be bonile kuye uJehova uTixo wabo, owa benyusa ezweni la sEgipite, nga sesandhleni sika Faro inkosi ya sEgipite; ba dumisa otixo abanye.

8 Ba hamba ngemikuba yabantu bezizwe, laba a be ba xotyile uJehova pambi kwabantwana baka Israeli, neyamakosi abaIsraeli, a misiweko ibo.

9 Abantwana baka Israeli ba zenza ngasese izinto ezingafaneleyo kuJehova uTixo wabo, ba zakela izindawo ezipakamileyo emizini yonke yabo, ku suka edokodweni labalindi, ku ze ku be semuzini o inqaba.

10 Ba zi misela izitombe noAshera, ezintabeni zonke ezinde, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza.

11 Na lapo ba be tyisa impepo ezindaweni zonke ezipakamileyo, njengabezizwe a be ba xotyile uJehova pambi kwabo; ba zenza izinto ezimbi ukumtukutelisa uJehova.

12 Ba dumisa izitombe, uJehova a be tyilo kubo ngazo ukuti, A ni yi kuyenza leyonto.

13 Kepa uJehova be e lulekile abaIsraeli nabaJuda, ngabaprofeti bonke, na ngabaziyo bonke ngokuti, Pendukani ezindhleleni zenu ezimbi, ni gcine imiyalo yami, nemiteto yami, njengawo wonke umteto wami, enga ba yala wona oyihlo, nga wu tuma kini ngezinceku zami abaprofeti.

14 Kepa ka be zwanga, benza zi be lukuni izintamo zabo, njengentamo ya oyise babo aba ngetembiyo uJehova uTixo wabo.

15 Ba delela imiteto yake, nesivumelwano sake, a be senzile noyise babo, nemiyalo yake a be ba yalile ngayo, ba landela ubuula, ba pukuzela, ba landela abezizwe, aba ba zungezayo, ngabo uJehova a be ba yalile ukuba ba ngenzi njengabo.

16 Ba shiya yonke imiyalo ka Jehova uTixo wabo, ba zenzela izitombe eza kandwa ngensimbi ukuti, amatole amabili, ba zenzela uAshera, ba dumisa ebandhleni lonke la sezulwini, ba m dumisa uBali.

17 Ba dhlulisa amadodana abo namadodakazi abo emlilweni, ba bula, ba kunkula, ba zitengisela ukwenza okubi emehlweni ka Jehova, ukumtukutelisa.

18 Njalo uJehova wa e tukutele kakulu nabaIsraeli, wa ba susa ebusweni bake: kwa sala isizwe sika Juda kupela.

19 Futi nabaJuda ka ba gcinanga imiyalo ka Jehova uTixo wabo, kodwa ba hamba ngemiteto yabaIsraeli eyenziwa ibo.

20 uJehova wa yi delela inzalo yonke ka Israeli, wa yi cita, wa yi nikela esandhleni sabapangayo, wa za wa yi lahla ngasebusweni bake.

21 Ngokuba wa hlukanisa abaIsraeli kuyo indhlu ka Davida, bona ba misa uJeroboamu indodana ka Nebati a be inkosi yabo: uJeroboamu wa ba vimbela abaIsraeli ukuba ba nga m landeli uJehova, wa bonisa ngokona okukulu.

22 Kwa ti abantwana baka Israeli ba hamba ezonweni zonke zika Jeroboamu a zenzayo; ka ba sukanga kuzo.

23 Kwa za kwa ti uJehova wa susa abaIsraeli ngasebusweni bake, njengaloko a be ku tyilo ngezinceku zake zonke abaprofeti. Njalo abaIsraeli ba suswa ezweni la kubo, ba yiswa eAsiria ba kona ku ze ku be namhlanje.

24 Inkosi ya seAsiria ya zisa abantu be vela eBabulona, na seKuta, na seAva, na seHamati, na seSefavami, ya ba hlalisa emizini ya seSamaria esikundhleni sabantwana baka Israeli, ba li fuya iSamaria, ba hlala emizini yalo.

25 Kwa ti ekuqaleni kokuhlala kwabo kona, a ba m esabanga uJehova: njalo uJehova wa tuma amabubesi pakati kwabo, a bulale abanye kubona.

26 Ngako ba suka ba kuluma enkosini ya seAsiria, ba ti, Izizwe o zi susileyo wa zi hlalisa emizini ya seSamaria, ka zi yazi imiteto ka Tixo wa lelozwe: ngako u wa tumile amabubesi pakati kwazo, bheka a zi bulala, ngokuba zi nga yazi imiteto ka Tixo wa lelozwe.

27 Njalo inkosi ya seAsiria ya yala, ya ti, Yisani kona omunye kubapristi ena ba susa kona, ma ka hambe a hlale kona, ma ka ba fundise imiteto ka Tixo wa lelozwe.

28 Weza omunye kubapristi aba be ba

susile eSamaria, wa hlala eBeteli wa ba
fundisa ba m konze uJehova.
29 Kepa izizwe zonke za zenzela iziti-
xo zazo, za zi beka ezindhlini zezindawo
ezipakamileyo, eza be zenziwe ngama-
Samaria, izizwe zonke emizini lapo za zi
hlezi kona.
30 Abantu ba seBabulona benza uSo-
kotabenoti, nabantu ba seKuta benza
uNergali, abantu ba seHamati benza
uAshima,
31 Naba seAva benza uNibahazi, no-
Tartaka naba seSefarvami, ba tyisa izi-
ngane zabo emlilweni ukukonza uAdra-
meleka noAnamaleka, izitixo za seSe-
farva.
32 Ba be mesaba uJehova, ba zenzela
ngabafokazi babo abapristi bezindawo
ezipakamileyo, aba ba nikelela ezindhli-
ni zezindawo ezi pakamileyo.
33 Ba mesaba uJehova ba dumisa izi-
tixo zabo njengemvelo yezizwe aba ba
mukisa kuzo.
34 Ku ze ku be namhlanje ba yenza
njengomkuba wokuqala, a ba mesabi
uJehova, futi ka benzi njengomteto wabo
na njengeziniso zabo, nanjengezimeme-
zelo nemiyalo, uJehova a yi yalayo aba-
ntwana baka Jakobe yena lowo a m
tayo uIsraeli.
35 uJehova wa be senzile isivumelwa-
no nabo, wa ba yala, wa ti, Ni nga du-
misi izitixo ezinye, ni nga zi kotameli
pansi pambi kwazo, ni nga zi konzi ni
nikele kuzo.
36 Kodwa uJehova, owa nenyusa
ezweni lasEgipite ngamandhla amakulu
na ngengalo eyelulekileyo, ma ni m esa-
be yena, ma ni m dumise ni m hlabele
iminikelo.
37 Nemiteto, nezimiso, nezimemezelo,
nemiyalo, a ni lobela yona; ni ya kuku-
mbula nenze yona, izinsuku zonke; ni
nga dumisi izitixo ezinye.
38 Isivumelwano enga senza nani, a ni
yi kusikohlwa; a ni yi kudumisa izi-
tixo ezinye.
39 Kodwa ni ya kumdumisa uJehova
uTixo wenu; yena u ya kunikipa esa-
ndhleni sezita zenu zonke.
40 A ba lalelanga, benza kodwa nje-
ngemikuba yabo yokuqala.
41 Njalo izizwe lezi za m esaba uJe-
hova, za dumisa nezitombe zabo ezibazi-
weyo, abantwana babo, nabantwana ba-
bantwana babo; njengaloko aba kwe-
nzayo oyise babo, benza njaloke ku ze
ku be namhlanje.

## ISAHLUKO 18.

KWA ti ngomnyaka wesitatu ka Ho-
shea indodana ka Ela inkosi yaba-
Israeli, uHezekia indodana ka Ahazi
inkosi ya ba Juda wa qala ukubusa.
2 Ekuqaleni kwake ukubusa, iminya-
ka yake ya i ngamashumi amabili nesi-
hlanu; wa busa iminyaka ya i ngama-
shumi amabili nesishiyagalolunye eJe-
rusalema. Igama lika nina la li nguAbi
indodakazi ka Zakaria.
3 Wenza okufaneleyo emehlweni ka
Jehova; njengako konke a kwenzayo
uyise uDavida.
4 Wa zi susa izindawo ezipakamileyo,
wa casa izitombe, wa gaula uAshera, wa
kanda inyoka yetusi a be yenzile uMosi;
ngokuba kwa za kwa fika izinsuku lezo
abantwana baka Israeli ba be sa tyisa
impepo pambi kwayo, wa yi biza ngo-
kuti uNehushatane.
5 Wa m etemba uJehova uTixo ka
Israeli; njaloke ngasemva kwake kwa
ye ku ngeko o njengaye kuwo onke
amakosi abaJuda, na kuwo onke a nga
pambili kwake.
6 Wa namatela kuJehova, ka pambu-
kanga ekumlandeleni kwake, kodwa wa
gcina imiyalo yake, uJehova a m yalayo
yona uMosi.
7 uJehova wa e naye; njalo wa sizeka
ezindaweni zonke a pumela kuzo: wa
hlubuka enkosini ya seAsiria, ka be sa
yi konza.
8 Wa cita amaFilisti, kwa za kwa fika
eGaza, nasemikaulweni yalo, kwa suka
edokodweni labalindi, kwa za kwa se-
muzini o inqaba.
9 Kwa ti ngomnyaka wesine wenkosi
uHezekia, ukuti umnyaka wesikombisa
ka Hoshea indodana ka Ela, inkosi yaba
Israeli, uShalmanesa inkosi ya seAsiria
wa hlasela eSamaria, wa li haqa.
10 Ekupeleni kweminyaka emitatu
ba li nqoba: ngomnyaka wesitupa ka
Hezekia ukuti umnyaka wesishiyagalo-
lunye ka Hoshea inkosi yabaIsraeli, iSa-
maria la nqotywa.
11 Inkosi ya seAsiria ya mukisa aba-
Israeli eAsiria, ya ba beka eHala, na se-
Habore, ngasemfuleni wa seGozana, na
semizini yamaMidia:
12 Ngokuba be nga lalelanga izwi lika
Jehova uTixo wabo, kodwa ba sapula
isivumelwano sake, nako konke a kuya-
lelayo uMosi inceku ka Jehova, ka ba
vumanga ukulalela nokwenza loko.
13 Ngomnyaka weshumi nane we-

nkosi uHezekia, uSenakeribe inkosi ya seAsiria wa hlasela emizini yonke e biyiwe udonga ya kwa Juda, wa yi nqoba.

14 uHezekia inkosi yabaJuda wa tuma enkosini ya seAsiria eLakisha wa ti, ngonile kuwe: Buya kimi: loku o ya kungihlaulisa ngako, ngi ya kukuhlaula. Inkosi ya seAsiria ya m hlaulisa uHezekia inkosi yabaJuda ngamatalenta esiliva a ngamakulu amatatu, namatalenta egolide a ngamashumi amatatu.

15 uHezekia wa m nika imali yonke eya funyaniswa endhlini ka Jehova, na kuyo imfuyo yendhlu yenkosi.

16 Nga lesosikati uHezekia wa nquma izicaba zetempeli lika Jehova, nezinsika eza nanyatiselwa uHezekia inkosi yabaJuda, igolide lazo wa li nika inkosi ya seAsiria.

17 Inkosi ya seAsiria ya tuma uTartana noRabsarise noRabsheka ba vela eLakisha ba ya enkosini kanye nempi enkulu ukuhlasela kuHezekia eJerusalema. Ba kupuka ba ya eJerusalema. Se be fikile, beza, bema ngasemseleni wecibi eli ngasenhla, nga sendhleleni embiweyo ya sezweni lomgezi.

18 Se be yi bizile inkosi, kwa pumela kubo uEliakimu indodana ka Hilkia, yena o be linda indhlu; noShebna umlobi noJoa indodana ka Asafa umkumbuzi wezindaba.

19 uRabsheka wa ti kubo, a ke ni kulume noHezekia; ni ti, I ti inkosi enkulu, inkosi ya seAsiria, Itemba lini otemba lona?

20 Wena u ti, amazwi ako a ize kodwa, Ngi nalo icebo, ngi nawo amandhla ukulwa; kepa wetemba kubani loku u hlubuke kimi?

21 Impela, bheka, u yetemba ku loludondolo lohlanga olucacekileyo, ukuti iEgipite, lona uma umuntu e simelela kulo, li ngene esandhleni sake, li m hlabe: u njaloke yena uFaro inkosi ya sEgipite kubo bonke abametembayo.

22 Kodwa uma ni ti kimi, Si ya metemba uJehova uTixo wetu; a si uyena lowo, izindawo zake ezipakamileyo namalati ake a wa susile uHezekia, wa ti kubaJuda na kwaba seJerusalema. Ma ni dumise pambi kwa lelilati eJerusalema?

23 A ku ze u lwe nenkosi yami, inkosi ya seAsiria, ngi ya kukunika amahashi a izinkulungwane ezimbili, uma u namandhla ngokwako ukubeka abakweli kuwo.

24 Po, u ya kupendukisa kanjani ubuso benduna inye ezincekwini ezincane zenkosi yami, noko wetembe izinqola nabamahashi kulo iEgipite.

25 Se ngi kupukele yini ngapandhle kuka Jehova, ku lendawo ukuyicita na? uJehova wa ti, kimi, Kupukela ku lelozwe, u li cite.

26 Wa ti uEliakimu indodana ka Hilkia, noShebna, noJoa, kuye uRabsheka, a ke u kulume ezincekwini zako ngolwimi lwamaSiria, ngokuba si ya lu zwa, u nga kulumi nati ngolwimi lwabaJuda ezindhlebeni zabantu abasodongeni.

27 Kodwa uRabsheka wa ti kubo, Inkosi yami i ngi tumile yini enkosini yako na kuwe ukuba ngi kulume lawamazwi? A i ngi tumanga yini ku lawamadoda a hleziyo odongeni, ukuba a dhle kanye nani amasimba awo, a puze umtyobingo wawo?

28 Njaloke uRabsheka wema wa memeza ngezwi elikulu, ngolwimi lwabaJuda, wa kuluma wa ti, Yizwani izwi lenkosi enkulu, inkosi ya seAsiria:

29 I ti inkosi ukuti, Ma ni nga kohliswa uHezekia: ngokuba a ka yi kuba namandhla ukunikipa esandhleni sayo;

30 Futi ni nga vunyiswa uHezekia netembe kuJehova, e ti, Impela uJehova u ya kusisindisa nokusindisa, lomuzi ka u yi kunikelwa esandhleni senkosi ya seAsiria.

31 Ni nga m laleli uHezekia: ngokuba i ti inkosi ya seAsiria, Ma nenze isivumelwano nami ngesipo, ni pumele kimi, ni dhle nina bantu nonke isivine senu, nomkiwane wenu, ni puze nina nonke amanzi omtombo wenu:

32 Ngi ze ngi fike ngi ni yise ezweni eli njengalo izwe lakini, izwe eli namabele newaini, izwe eli nesinkwa nezivine, izwe eli namafuta emihlwati, nezinyosi, ukuba ni pile nina kahle, ni nga fi: ni nga m laleli uHezekia funa a ni kohlise, e ti, uJehova u ya kusisindisa.

33 Izitixo ezinye zezizwe za zi kulula izwe lazo yini esandhleni senkosi ya seAsiria na?

34 Zi pi zona izitixo za seHamati, neza seArpade na? Zi pi izitixo za seSefavami neHena neIva? Konje zi sindisile abantu ba seSamaria esandhleni sami na?

35 Zi pi zona pakati kwezitixo zonke zezizwe, eza kipa izwe lazo esandhleni

sami, ukuba uJehova a li kipe iJerusa-
lema esandhleni sami?
36 Kepa abantu ba tula nje, ka ba m
pendulanga ngaluto: ngokuba inkosi i
bi yalile ukuti, Ni nga m penduli.
37 Njalo weza uEliakimu indodana
ka Hilkia, o be miselwa indhlu, no-
Shebna umbali, noJoa indodana ka
Asafa umkumbuzi wezindaba, beza ku-
ye uHezekia, izingubo zabo zi datyulwe,
ba m landisa amazwi ka Rabsheka.

ISAHLUKO 19.

KWA ti inkosi uHezekia e ku zwa
loku; wa hxebula izingubo zake,
wambata indwangu yamasaka, wa nge-
na endhlini ka Jehova.
2 Wa tumela uEliakimu, o miselwa
indhlu, noShebna umbali, nezikulu ku-
bapristi, bambete indwangu yamasaka,
ba ya kuIsaya umprofeti indodana ka
Amozi.
3 Ba ti kuye, U ti uHezekia, namhla
ku ngusuku losizi, nosuku lobunzima,
nosuku lokutukwa, ngokuba izingane
se zi zile esizalweni, kodwa ka wako
amandhla ukubeleta.
4 Kungabe uJehova uTixo wako u ya
kuzwa onke amazwi ka Rabsheka,
yena o tunywa inkosi ya seAsiria, inko-
si yake, ukutuka uTixo opilileyo; a m
lahle ngamazwi a we zwileyo uJehova
uTixo wako: a ku kulekele abaseleyo
aba kona.
5 Njalo izinceku zenkosi uHezekia ze
za kuIsaya.
6 uIsaya wa ti kuzo, Ni ya kukuluma
enkosini yenu, ni ti, U ti uJehova, U
ngesabiswa amazwi o we zwileyo ezi ngi
tukile ngawo izinceku zenkosi.
7 Bheka, ngi ya kutuma umoya ku-
yena, u ya kuzwa izwi, a buyele ezwe-
ni lake; ngi za kumwisa ngenkemba
ezweni lake.
8 Njalo uRabsheka wa buya wa yi
fumana inkosi ya seAsiria i hlasela eLib-
na; ngokuba u be zwile ukuba i bi
sukile eLakisha.
9 E se zwile ngaye uTirhaka inkosi
ya seEtiopia, ukuti, Bheka, u se pumile
ukulwa nawe; wa buya wa tuma izigi-
jimi kuHezekia, e ti,
10 Ma ni tyo kuHezekia inkosi yaba-
Juda, ni ti, U nga kohliswa uTixo wako
owetemba kuye, ngokuti, iJerusalema
ka li yi kunikelwa esandhleni senkosi
ya seAsiria.
11 Bhekake, u su zwile loko a kwe-
nzileyo amakosi a seAsiria emazweni
onke, ukuba a wa qeda nya: po, wena
u ya kusindiswa yini?
12 Izitixo zezizwe aba zi citayo obaba
betu, za zi sindisa na? ukuti iGozana,
neHarana, neRezepa, naba seEdene, ba
be kona eTelasa.
13 I pi inkosi ya seHamati, nenkosi
ya seArpade, nenkosi yomuzi wa se-
Sefavami, iHena neIva?
14 uHezekia wa yamkela lencwadi
esandhleni sesigijimi, wa yi funda: uHe-
zekia wenyuka wa ya endhlini ka Je-
hova, wa yeneka pambi kuka Jehova.
15 uHezekia wa kuleka kuJehova wa
ti, E Jehova Tixo ka Israeli, o hlezi
pezu kwamakerubi, wena wedwa u ngu
Tixo impela wemibuso yonke yomhla-
ba, wena wenzile izulu nomhlaba.
16 Jehova, tobela indhlebe yako, u
zwe: Jehova, bheka ngamehlo ako u
bone: u zwe amazwi ka Senakeribe o
m tumileyo ukutuka uTixo opilileyo.
17 Iqiniso Jehova, amakosi a seAsiria
a citile izizwe namazwe azo.
18 Izitixo a zi ponsile emlilweni: ngo-
kuba za zi nge sizo izitixo, kodwa zi
ngumsebenzi wezandhla zabantu, umu-
ti, namatye; ngako a zi qedile.
19 E Jehova Tixo wetu, ngi ku nxusa,
u si sindise esandhleni sake, njalo imi-
buso yonke yomhlaba i ya kwazi, ukuba
wena u nguJehova uTixo, wena wedwa.
20 uIsaya indodana ka Amozi wa tu-
ma kuHezekia, wa ti, U ti uJehova
uTixo ka Israeli, Loku o ku kulekile
kimi ngaye uSenakeribe inkosi ya se-
Asiria, ngi ku zwile.
21 Nanti izwi a li shumayelayo uJe-
hova ngaye; Intombi indodakazi ya se-
Zioni i ku delile, i ku hlekile usulu;
indodakazi ya seJerusalema i nikina
ikanda layo kuwe.
22 Ubani o m tukileyo, ubani owa m
qalekisa na? Ubani u pakamisile izwi
lako na, wa bheka ngamehlo ako pezu-
lu? Kuye yena o yingcwele ka Israeli.
23 Ngazo izigijimi zako u yi tukile
iNkosi, u tyilo, ukuti, Ngobuningi bezi-
nqola zami ngenyukile ezintabeni ezipa-
kamileyo ngapakati kweLebanoni; Ngi
ya kugaula amasedari amade alo, nama-
berosha amahle alo, ngi ya kufika enda-
weni yokulala ekugcineni ehlatini lensi-
mu yake.
24 Ngi mbile, ngi puzile amanzi a sezi-
zweni, na ngezinyawo zami ngi tyisile
yonke imifula ya sEgipite.

25 A ku zwanga yini kade ukuba nga
kwenza loku na? na ngasendulo nga ku
tyo? Kaloku ngenzile ukuze u cite imi-
zi e biyiwe udonga i be amaqoqwana.
26 Ngako abakileyo kuyo a ba nama-
ndhla a incozana, ba te kexe, ba da-
nile; ba be njengemfino ya sendhle, na
njengotyani obuluhlaza, na njengesiko-
ta opahleni lwezindhlu, na njengamabe-
le etyazile e nga ka vutwa.
27 Kodwa ngi ya kwazi ukuhlala kwa-
ko, nokupuma kwako, nokungena kwa-
ko, nobujaka bako kimi.
28 Ngokuba ubujaka bako kimi nomsi-
ndo wako u zwakele ezindhlebeni zami,
ngi ya kufaka udobo lwami emakaleni
ako, netomu lami emlonyeni wako, ngi
ze ngi ku buyise ngalendhlela oweza
ngayo.
29 Loku ku ya kuba isibonakaliso ku-
we, Nga lomnyaka ku ya kudhliwa oku-
milayo ngokwako, na ngomnyaka wesi-
bili okupumayo ngako; na ngomnyaka
wesitatu tyalani, ni vune, tyalani isivi-
ni, ni dhle izitelo zaso.
30 Ku ya kuti abasindileyo bendhlu
ka Juda, abaseleyo ba ya kubuya bande-
le pansi, ba hlanze izinhlamvu pezulu.
31 Ngokuba ku ya kupuma eJerusa-
lema abaseleyo nabasindileyo nga se-
ntabeni ya seZioni: amandhla ka Je-
hova wamabandhla a ya kwenza loko.
32 Ngako u ti uJehova ngayo inkosi
ya seAsiria, ukuti, Ka i yi ku ngena ku
lomuzi, ka i yi kucibityela kona umcibi-
tyelo, ka-i yi kuza pambi kwawo nesi-
hlangu, ka i yi kwenza iduli ku wona.
33 Ngendhlela e bi za ngaye, i za ku-
buya ngayo, ka i yi kungena kulomuzi,
u tyo uJehova.
34 Ngi ya kumboza lomuzi, ngi wu
sindise, ngenxa yami, na ngenxa ka
Davida inceku yami.
35 Kwa ti nga lobubusuku ingelosi ka
Jehova ya puma, ya bulala ekamu lama-
Asiria abantu aba izinkulungwane ezi
ikulu, namashumi a shiyagalombili ne-
sihlanu: ekuvukeni kwabo kusasa bo-
nke ba be izidumbu.
36 Njalo uSenakeribe inkosi ya seAsi-
ria wa muka, wa pinda wa ya, wa hlala
eNineva.
37 Kwa ti ekudumiseni kwake endhli-
ni ka Nisroke isitixo sake, uAdrameleka
noShareze amadodana*ake a m gela nge-
nkemba, a baleka, a ya ezweni la se-
Arate, uEsarhadona indodana yake wa
busa esikundhleni sake.

ISAHLUKO 20.

NGA lezozinsuku uHezekia wa e gula
wa e se za kufa. Weza kuye uIsa-
ya indodana ka Amozi, umprofeti, wa ti
kuye, U ti uJehova, Lungisa indhlu ya-
ko; ngokuba u su za kufa wena, a u
yi kusinda.
2 uHezekia wa pendukisa ubuso bake
ngasodongeni lwendhlu, wa kuleka ku-
Jehova, wa ti,
3 E, Jehova ngi ya kunxusa u ku-
mbule ukuba ngi hambile pambi kwako
ngeqiniso na ngenhliziyo elungileyo,
ngenzile okufaneleyo emehlweni ako.
uHezekia wa kala ngokukala okukulu.
4 Kwa ti, uIsaya e nga ka pumi emu-
zini ongapakati, kweza kuye izwi lika
Jehova, la ti,
5 Buyela kuHezekia, inkosi yabantu
bami, u m tyele ukuti, U ti uJehova
uTixo ka Davida uyihlo, Ngi ku zwile
ukukuleka kwako, ngi zi bonile izinye-
mbezi zako, bheka, ngi ya kukupilisa:
ngosuku lwesitatu u za kwenyuka u ye
endhlini ka Jehova.
6 Ngi ya kuzandisa izinsuku zako imi-
nyaka e ishumi nesihlanu, ngi ya kuku-
sindisa kanye na lomuzi esandhleni se-
nkosi ya seAsiria; ngi ya kumboza lo-
muzi ngenxa yami na ngenxa ka Davida
inceku yami.
7 uIsaya wa ti, Tabatani isigaxa so-
mkiwane, Ba si tabata, ba si beka pezu
kwetumba; wa sindake.
8 uHezekia wa ti kuIsaya, Si ya kuba
njani isibonakaliso sokuti uJehova u ya
kungipilisa, nokuba ngi ya kwenyuka
ngi ye endhlini ka Jehova ngosuku lwe-
sitatu na?
9 uIsaya wa ti, Nasi isibonakaliso u ya
kusiboniswa uJehova, sokuti uJehova u
ya kwenza leyonto a yi tyoyo; isitunzi
si ya kuya ngapambili amabanga a ishu-
mi na, noma si ya kubuya amabanga a
ishumi na?
10 uHezekia wa pendula, wa ti, Ku yi-
nto elula ukuba isitunzi sehle amabanga
a ishumi; Ai, kambe, isitunzi ma si bu-
ye amabanga a ishumi.
11 uIsaya umprofeti wa kuleka kuJe-
hova, wa si buyisa isitunzi amabanga a
ishumi, e be sehlile wona etyeni lika
Ahazi.
12 Nga lesosikati uBerodakabaladane,
indodana ka Baladane inkosi ya seBabu-
lona, wa tuma izincwadi nezipo kuHeze-
kia: ngokuba e be zwile ukuba uHeze-
kia wa e gula.

13 uHezekia wa ba lalela, wa ba bonisa
indhlu yake yonke yokubekela, nesiliva,
negolide, nezinise, namaka amahle, na-
yo yonke indhlu yezikali zake, nako
konke okufunyanwa ezindhlini zemfu-
yo yake: kwa ku ngeko into endhlini
yake na sembusweni wonke wake, e nga
ba bonisanga yona.
14 Weza uIsaya umprofeti kuyo inkosi
uHezekia, wa ti kuye, Abantu laba ba
tini na? Ba velapi ukuza kuwe? uHe-
zekia wa ti, Ba vela ezweni eli kude,
eBabulona.
15 Wa ti, Ba bone ntoni na endhlini
yako? uHezekia wa pendula, izinto zo-
nke ezi kona endhlini yami ba zi bo-
nile; a ku ko nto emfuyweni yami, e ngi
nga ba bonisanga.
16 uIsaya wa ti kuHezekia, Yizwa
izwi lika Jehova.
17 Bheka, zi yeza izinsuku oku za ku
tatwa ngazo konke oku kona endhlini
yako, nako loko aba ku bekeleyo oyihlo,
ku ze ku be namhlanje, ku ya kuyiswa
eBabulona; a ku yi kusala nanto, u tyo
uJehova.
18 Na semadodaneni ako, a ya kupu-
ma kuwe, a ya kuzalwa uwe, a ya kusu-
swa, a ya kuba izigqili endhlini yenkosi
ya seBabulona.
19 Wa ti uHezekia kuIsaya, Li lungile
izwi lika Jehova, o li kulumileyo; Wa
ti, A ku yi kuba kona ukutula neqiniso
ezinsukwini zami na?
20 Imisebenzi eminye ka Hezekia, na-
mandhla onke ake, nokuti wenza icibi,
nomsele, wa ngenisa amanzi emuzini,
ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebe-
nzi yemihla ngemihla yamakosi aba-
Juda?
21 uHezekia wa lala nokoko bake,
uManasa indodana yake wa busa esi-
kundhleni sake.

## ISAHLUKO 21.

UMANASA wa e neminyaka e ishumi
nambili mzukwana wa qala ukubu-
sa, wa busa iminyaka e ngamashumi
amahlanu nanhlanu eJerusalema. Iga-
ma lika nina la li nguHepsiba.
2 Wenza kabi emehlweni ka Jehova,
ngemikuba emibi yezizwe a zi xotyayo
uJehova pambi kwabantwana ba ka
Israeli.
3 Ngokuba wa buya waka izindawo
ezipakamileyo eza be zi citiwe nguyise
uHezekia; wa misela uBali amalati,
wenza umfanekiso ka Ashera, njengalo-
ko a kwenzayo uAhabi inkosi yabaIsra-
eli; wa dumisa ibandhla lonke la sezu-
lwini, wa li konza.
4 Waka amalati na sendhlini ka Je-
hova, ngayo uJehova a be tyilo, eJeru-
salema ngi ya kubeka igama lami kulo.
5 Nga semagumbini amabili endhlu
ka Jehova wakela ibandhla lonke la se-
zulwini amalati.
6 Wa yi dhlulisa indodana yake emli-
lweni, wa gcina izikati ezitile, wa ku-
nkula, wa bula, wa misa izinyanga ne-
zanusi, wenza okubi okuningi emehlwe-
ni ka Jehova, ukuba lu vute ulaka
lwake.
7 Wa beka isitombe esibaziweyo sika
Ashera a be senzile, endhlini ngayo uJe-
hova u be tyilo kuDavida, na kuyo indo-
dana yake uSolomona, ukuti, Kule-
ndhlu, na seJerusalema engi li ketile
kuzo zonke izizwe zabaIsraeli, ngi ya
kubeka igama lami ku ze ku be nguna-
pakade.
8 Futi a ngi yi kupinda ngi zi dukise
izinyawo zabaIsraeli ezweni enga li nika
oyise; uma ba ya kugcina, benze konke
engi ba yalile kona, na ngawo umteto,
aba u yalwa inceku yami uMosi.
9 Kodwa ka ba lalelanga: uManasa
wa ba pambukisa, benze okubi okukulu
ku nazo izizwe a be zi citiwe uJehova
ngapambi kwabantwana baka Israeli.
10 uJehova wa shumayela ngezinceku
zake abaprofeti, wa ti,
11 Ngokuba uManasa inkosi yabaJuda
wenzile imikuba leyo emibi, wenzile
kabi ku nako konke a kwenzile ama-
Amori, a ngapambili kwake, wenza aba-
Juda bone ngezitixo zake.
12 Ngako u ti uJehova uTixo ka Isra-
eli, Bhekake, ngi ya kuyisa eJerusalema
na seJudia ukuhlupeka kokuti yena
okuzwayo kona, izindhlebe zake zombili
zi ya kukenceza.
13 Ngi ya kolula pezu kweJerusalema
intambo ya seSamaria, nesilinganiso se-
ndhlu ka Ahabi: ngi ya kusula iJerusa-
lema njengokuba umuntu a sule isitya,
a si sule, a si pendukezela.
14 Ngi ya kulahla abaseleyo befa lami,
ngi ba nikele esandhleni sezita zabo;
ba za kuba abokupangwa, abokutunjwa
izita zonke zabo;
15 Ngokuba benzile kabi emehlweni
ami, ba ngi vusela ulaka, iloku oyise
ba puma Egipite, ku ze ku be na-
mhlanje.
16 Futi uManasa wa li palaza igazi eli

nga nacala li vame kakulu, wa za wa
gcwalisa iJerusalema ku suka kwelinye
icala kwa za kwa ba kwelinye icala;
ngapandhle kokona kwake a benza nga-
ko abaJuda bone, ngokwenza kabi eme-
hlweni ka Jehova.
17 Imisebenzi eminye ka Manasa, no-
kwenza konke kwake, nokona kwake,
ona ngako, ka ku lotyiwe yini encwa-
dini yemisebenzi yemihla ngemihla ya-
makosi abaJuda?
18 uManasa wa lala nokoko bake, wa
mbelwa ensimini yendhlu yake, ensimi-
ni ka Uza: uAmona indodana yake wa
busa esikundhleni sake.
19 Ekuqaleni kwake ukubusa uAmo-
na wa e neminyaka e ngamashumi
amabili nambili, wa busa iminyaka
emibili eJerusalema. Igama lika nina
la li nguMeshulemeta, indodakazi ka Ha-
ruze, wa seJotba.
20 Wenza kabi emehlweni ka Jehova,
njengoyise uManasa.
21 Wa hamba ngendhlela yonke uyise
a be hambile ngayo, wa zi dumisa izito-
mbe eza be zi dunyiswa uyise, ka ha-
mbanga endhleleni ka Jehova
22 Wa m shiya uJehova uTixo wa
oyise bake; ka hambanga endhleleni ka
Jehova.
23 Izinceku zika Amona zenza icebo
kuye, za yi bulala inkosi endhlini yayo.
24 Abantu ba lelozwe ba bulala bonke
abayihlubukayo inkosi uAmona; aba-
ntu ba lelozwe ba m misa uJosia indo-
dana yake a be inkosi esikundhleni
sake.
25 Imisebenzi eminye ka Amona a ye-
nzayo, ka i lotyiwe yini encwadini ye-
misebenzi yemihla ngemihla yamakosi
abaJuda?
26 Wa mbelwa etuneni lake ensimini
ka Uza: uJosia indodana yake wa busa
esikundhleni sake.

## ISAHLUKO 22.

EKUQALENI kwake ukubusa uJo-
sia wa e neminyaka e isishiyagalo-
mbili, wa busa iminyaka e ngamashu-
mi amatatu nanye eJerusalema. Iga-
ma lika nina la li nguJedida, indodakazi
ka Adaya wa seBoskata.
2 Wenza okufaneleyo emehlweni ka
Jehova, wa hamba ngendhlela yonke ka
Davida uyise, a ka pambukanga nga-
kwesokunene na ngakwesokohlo.
3 Kwa ti ngomnyaka weshumi nashi-
yagalombili wenkosi uJosia, inkosi ya
m tumela uShafana indodana ka Azalia
indodana ka Meshulamu umbali, ukuya
endhlini ka Jehova, ya ti,
4 Kupuka u ye kuHilkia umpristi
omkulu, a bale imali e yiswayo endhlini
ka Jehova, eya butwa abalindi emnya-
ngo kubantu:
5 Ma ba yi nike esandhleni sabo aba-
wenzayo umsebenzi, abamiselwe indhlu
ka Jehova; ma ba kokele ngayo bona
abasebenzayo umsebenzi o sendhlini ka
Jehova, ukuze ku lungiswe izikala ze-
ndhlu.
6 Ababazi, nabaki, nabakayo ngama-
tye, nokutenga imiti, namatye abazi-
weyo, ukuba indhlu i lungiswe.
7 Kodwa a ba buzwanga ngemali e bi
nikelwe esandhleni sabo, ngokuba ba
sebenza bona ngokwesiminya.
8 uHilkia umpristi omkulu wa ti ku-
Shafana umbali, Ngi yi fumene incwadi
yomteto endhlini ka Jehova. uHilkia
wa yi nika incwadi kuShafana, wa yi
funda.
9 uShafana umbali weza futi enkosini,
wa yi landisa umpendulo, wa ti, Izince-
ku zako se zi telile imali eya funyanwa
endhlini, za yi nika ezandhleni zabase-
benzayo, aba miselwe indhlu ka Jehova.
10 uShafana umbali wa bika enkosini,
wa ti, uHilkia umpristi u ngi nikile
incwadi, uShafana wa yi funda pambi
kwenkosi.
11 Kwa ti inkosi i si zwile amazwi
encwadini yomteto, ya zi hxebula izi-
ngubo zayo.
12 Inkosi ya yala uHilkia umpristi,
noAhikamu indodana ka Shafana, no-
Akbora indodana ka Mikaia, noShafana
umbali, noAsahia inceku yenkosi, e ti,
13 Hambani ni buze kuJehova ngami
na ngabantu, na ngabaJuda bonke; nga-
mazwi a kona ku lencwadi e funyenwe-
yo: ngokuba lukulu ulaka lukaJehova
olu vutayo kitina, ngokuba obaba betu
be nga lalelanga amazwi a lencwadi, be-
nze konke okulotyiweyo ngati.
14 Njalo uHilkia umpristi, noAhika-
mu, noAkbora, noShafana, noIsaya, ba
ya kuHulda umprofeti, umka Shaluma,
indodana ka Tikva, indodana ka Harha-
se o gcina izingubo (yena wa e hlala eJe-
rusalema endaweni yesibili;) ba kuluma
naye.
15 Wa ti kubo, U ti uJehova uTixo ka
Israeli, Tyelani lomuntu oni tumileyo
kimi, ni ti,
16 U ti uJehova, Bheka, ngi za kuzisa

ukuhlupeka kulendawo, na kubo abaki-
leyo kuyo, amazwi onke a sencwadini
eya funyanwa iyo inkosi yabaJuda.
17 Ngokuba ba ngi shiyile, ba tyisa
impepo kuzo izitixo ezinye, ukuba ba
ngi vusele ulaka ngemisebenzi yonke ye-
zandhla zabo, ngako ulaka lwami lu ya
kuvuta kulendawo, ka lu yi kucitywa.
18 Kodwa ni ya kuti kuyo inkosi ya-
baJuda eni tumileyo ukubuza kuJehova,
ukuti, U ti uJehova uTixo ka Iśraeli
ngamazwi lawa o wezwileyo.
19 Ngokuba inhliziyo yako ya yi ta-
mbile, ngokuba u zitobisile pambi kuka
Jehova, ekuzweni kwako loko enga ku
tyoyo, nga lendawo, na ngabantu abaki-
leyo kuyo, ukuti ba za kuba incitakalo,
nokuqalekisa, wa hxebula namhla izi-
ngubo zako, wa kala pambi kwami, u ti
uJehova, ngi ku zwile wena.
20 Bheka, ngako ngi ya kukuyisa ko-
yihlo, u ya kumbelwa etuneni lako, ku
tule: amehlo ako ka wa yi kubona uku-
hlupeka konke engi ya kukuleta kule-
ndawo. Ba yi buyisela inkosi lompe-
ndulo.

ISAHLUKO 23.

INKOSI ya tuma, ya butela kuyo ama-
lunga onke a seJuda, na seJerusa-
lema.
2 Inkosi yenyuka, ya ya endhlini ka
Jehova, kanye nabantu bonke ba kwa-
Juda nabantu bonke ba seJerusalema,
nabapristi, nabaprofeti, nabantu bonke
abancane nabakulu: ya funda ezindhle-
beni zabo onke amazwi encwadi yesivu-
melwano e be i funyenwe endhleni ka
Jehova.
3 Inkosi yema endaweni epakamileyo,
yenza isivumelwano pambi kuka Jeho-
va, ukulandela uJehova, nokugcina imi-
yalo yake, nemiteto yake, nezimiso za-
ke, ngayo yonke inhliziyo na ngawo
wonke umpefumlo, nokufeza amazwi
esivumelwano a lotyiweyo ku lencwadi.
Abantu bonke bema ngesivumelwano
leso.
4 Inkosi ya yala uHilkia umpristi
omkulu, nabapristi bokwesibili, naba-
linda emnyango, ukuba ba kipe etempe-
leni lika Jehova zonke izitya eza be
zenzelwa uBali, noAshera, nebandhla
lonke la sezulwini, wa zi tyisa ngapa-
ndhle kweJerusalema, emasimini a se-
Kidroni, wa yisa imputyana yazo eBe-
teli.
5 Ya susa abapristi bezitombe, a be ba
misile amakosi abaJuda, ukuba ba tyise
impepo ezindaweni ezipakamileyo emi-
zini ya kwaJuda, na sezindaweni za se-
Jerusalema; nabatyisayo impepo ku-
Bali, na selangeni, na senyangeni, na
sezinkanyezini, na sebandhleni lonke la
sezulwini.
6 Wa kipa umfanekiso ka Ashera
endhlini ka Jehova, eJerusalema wa wu
yisa emfuleni okutiwa iKidroni, wa wu
tyisa emfuleni okutiwa iKidroni, wa wu
kanda wa za wa ba imputyananje wa
ponsa lemputyana ematuneni abantwa-
na babantu.
7 Wa bidhliza izindhlu zamasodoma,
eza zi ngasendhlini ka Jehova, lapo isi-
fazana sa be salukela kona amatente ka
Ashera.
8 Wa ba pumisa abapristi bonke nga-
semizini yabaJuda, wa cita izindawo ezi-
pakamileyo lapo abapristi ba be tyisile
impepo, kwa suka eGaba kwa za kwa ba
eBeresheba, wa bidhliza izindawo ezipa-
kamileyo, za semasangweni okwa seku-
ngeneni kwesango lika Joshua umbusi
womuzi, ngasokohlo komuntu esangwe-
ni lomuzi.
9 Kodwa abapristi bezindawo ezipa-
kamileyo be be nga kupuki ukuya ela-
tini lika Jehova eJerusalema, kepa be
be si dhla isinkwa esi nge namvubelo
kubazalwane babo.
10 Wa cita iTofeta ela li semfundeni
yabantwana baka Hinomi, ku nga bi
kona muntu odhlulisayo nendodana ya-
ke nendodakazi yake emlilweni pambi
kuka Moleki.
11 Wa susa amahashi a be nikile
amakosi abaJuda kulo ilanga ekunge-
neni kwendhlu ka Jehova ngasegu-
mbini lika Natanimeleka inceku, ela li
ngapandhle, wa zi tyisa izinqola zelanga
ngomlilo.
12 Namalati a be sopahleni pezulu
kwendhlu ka Ahazi a be wenzile ama-
kosi abaJuda, namalati a benziwe ngu-
Manasa ezigodhlweni ezimbili endhlini
ka Jehova, inkosi ya wa bidhliza, ya ya
kona, ya ponsa utuli lwawo emfuleni
eKidroni.
13 Nezindawo ezipakamileyo eza zi
kona pambi kweJerusalema, ngasoku-
nene kwentaba yomnqumo, uSolomona
inkosi yabaIsraeli, a yakela uAshterote,
ububi bamaZidonia, noKemosha, ububi
bamaMoabi, noMilkoma, ububi baba-
ntwana baka Amoni, inkosi ya qeda
konke.
14 Ya bulala imifanekiso, ya ba gaula

oAshera, ya gcwalisa izindawo zabo
ngamatambo abantu.
15 Futi ilati ela li seBeteli, nendawo
epakamileyo a be yenzile uJeroboamu,
indodana ka Nebati, yena owonisa aba-
Israeli, ilati lelo kanye nendawo epa-
kamileyo ya yi bidhliza, ya yi tyisa
lendawo epakamileyo, ya yi kanda ya
za ya ba njengotuli, ya tyisa noAshera.
16 Ekubhekeni kwake uJosia, wa bona
amatuna a e kona entabeni, wa tuma,
wa wa kipa amatambo ematuneni, wa
wa tyisa elatini, wa li bulala njengo-
kutyo kuka Jehova, kwa memezelwa
umuntu ka Tixo owa memezela lawa-
mazwi.
17 Njalo wa ti, Insika leyo engi yi
bonayo, i yini na? Abantu ba lomuzi
ba m tyela ba ti, Ku ituna lomuntu ka
Tixo, owa vela kwaJuda, owa shuma-
yela lezozinto o zenzileyo kulo ilati la
seBeteli.
18 Wa ti, M yekeni ma a nga tintwa
muntu amatambo ake. Ngako ba wa
yeka amatambo ake, kanye namatambo
omprofeti owa vela eSamaria.
19 Futi nazo zonke izindhlu ezinda-
weni ezipakamileyo ezi semizini ya se-
Samaria, eza be zenziwa iyo inkosi ya-
baIsraeli ukuvusa ulaka luka Jehova,
uJosia wa zi susa, wenza kuzo njengo-
kwenza kwake konke a be kwenzile
eBeteli.
20 Wa ba bulala bonke abapristi be-
zindawo ezipakamileyo emalatini, wa
tyisa amatambo abantu pezu kwawo,
wa buya wa ya eJerusalema.
21 Inkosi ya ba yala abantu bonke,
ya ti, Yenzani ipasika lika Jehova
uTixo wenu njengokuba ku lotyiwe
encwadini ya lesisivumelwano.
22 Impela kwa be ku ngenziwanga
ipasika elinye ngezinsuku zabahluli aba
be hlulela abaIsraeli, na kuzo zonke
izinsuku zamakosi abaIsraeli, namakosi
abaJuda.
23 Kupela ngomnyaka weshumi nesi-
shiyagalombili wenkosi uJosia, kuwo
la miswa lelipasika lika Jehova eJeru-
salema.
24 Futi izanusi, nezinyanga, nemi-
fanekiso, nezitombe, nokubi konke kwa
kona ezweni labaJuda, na seJerusalema,
uJosia wa ku qeda ukuba a feze ama-
zwi omteto owa lotywa encwadini eya
funyanwa uHilkia umpristi endhlini ka
Jehova.
25 Ya yi ngeko ngapambili kwake
inkosi eya fana naye, eya buyela ku-
Jehova ngenhliziyo yonke yayo, na
ngompefumlo wonke wayo, na ngama-
ndhla onke ayo, njengomteto wonke ka
Mosi; futi ngasemva kwake ka i vela-
nga inkosi e njengaye.
26 Kepa uJehova ka guqukanga ola-
keni lwake oluvutayo olukulu, ukutu-
kutela kwake okwa vuta njalo kuba-
Juda ngenxa yokutukutela uManasa a
be m tukutelisa ngako.
27 Wa ti uJehova, Ngi ya kususa aba-
Juda ngasebusweni bami, njengokuba
ngi ba susile abaIsraeli, ngi ya kulahla
lomuzi iJerusalema, engi wu ketile, ne-
ndhlu enga ti ngayo, Igama lami li ya
kuba kona.
28 Imisebenzi eminye ka Josia, nako
konke a kwenzayo, a ku lotyiwe yini
encwadini yemisebenzi yemihla nge-
mihla yamakosi abaJuda?
29 Ngezinsuku zake uFaroneko inkosi
ya sEgipite wenyukela ukulwa nenkosi
ya seAsiria emfuleni uUfrate. Inkosi
uJosia ya ya ukulwa naye, wa bulalwa
eMegido, nxa i si m bonile.
30 Izinceku zake za m twala, e file
enqoleni, zi suka eMegido, za m yisa
eJerusalema, za m mbela etuneni lake.
Abantu bezwe ba m tata uJehoahazi
indodana ka Josia, ba m gcoba, ba m
misa a be inkosi esikundhleni sika yise.
31 Ekuqaleni kwake ukubusa uJeho-
ahazi wa neminyaka e ngamashumi
amabili nantatu; wa busa izinyanga
zantatu eJerusalema. Igama lika nina
la li nguHamutali, indodakazi ka Jere-
mia wa seLibna.
32 Wenza kabi emehlweni ka Jeho-
va njengako konke aba be kwenzile
oyise.
33 uFaroneko wa m bopa eRibla ezwe-
ni la seHamati, ngokuba wa e busa
eJerusalema, wa telisa izwe amatalenta
esiliva a ikulu netalenta legolide li
linye.
34 uFaroneko wa misa uEliakimu
indodana ka Josia, a be inkosi esiku-
ndhleni sika yise uJosia, wa muta uJe-
hoakimu, wa susa igama uJehoahazi:
weza Egipite, wa fa kona.
35 uJehoakimu wa li nika isiliva ne-
golide kuFaro; kodwa wa linganisa
izwe ukuba li nike lemali kuFaro, nje-
ngomteto ka Faro; wa ba telisa abantu
bezwe isiliva negolide, bonke njengoku-
linganisa kwake ukuba ba ku nike
uFaroneko.

36 Ekuqaleni kwake ukubusa, uJeho-
akimu wa e neminyaka e ngamashumi
amabili nesihlanu; wa busa iminyaka
ya ishumi nanye eJerusalema. Igama
lika nina la li nguZabuda, indodakazi
ka Pedia wa seRuma.
37 Wenza kabi emehlweni ka Jehova,
njengako konke a ba be kwenzile oyise.

## ISAHLUKO 24.

EMIHLENI yake wenyuka uNebu-
kadnezari inkosi ya seBabulona,
uJehoakimu wa e inceku yake iminya-
ka emitatu: ngasemva kwaloko wa buya
wa m hlubuka.
2 uJehova wa tuma kuye amabuto
amaKaledi namabuto amaSiria, nama-
buto amaMoabi, namabuto abantwana
baka Amoni, wa wa tuma kubaJuda
ukubacita, njengezwi lika Jehova a li
tyoyo ngezinceku zake abaprofeti.
3 Impela kweza loko ngezwi lika Je-
hova ukuba ku vele kubaJuda loko,
a ba suse ebusweni bake ngenxa yezono
zika Manasa, njengako konke a be kwe-
nzile.
4 Na ngenxa yegazi eli nge nacala,
ngokuba wa be e gcwalisile iJerusalema
ngegazi eli nge nacala; loko a be nga
tandi uJehova ukumtetelela.
5 Imisebenzi eminye ka Jehoakimu,
nako konke a kwenzayo, ka ku lotyiwe
yini encwadini yemisebenzi yemihla
ngemihla yamakosi abaJuda?
6 uJehoakimu wa lala nokoko bake;
uJehoyakina indodana yake wa busa
esikundhleni sake.
7 Inkosi ya sEgipite a i pindanga i
pume futi ngasezweni layo, ngokuba
inkosi ya seBabulona, i bi tabatile ko-
nke okwenkosi ya sEgipite, ku suke
emfuleni ya sEgipite ku ze ku be ngase-
mfuleni eUfrate.
8 Ekuqaleni kwake ukubusa uJehoya-
kina, wa e neminyaka e ishumi nesishi-
yagalombili, wa busa izinyanga ezinta-
tu eJerusalema. Igama lika nina la li
nguNehushata, indodakazi ka Elnatani
wa seJerusalema.
9 Wenza kabi emehlweni ka Jehova,
njengako konke a be kwenzile uyise.
10 Nga lesosikati izinceku zika Nebu-
kadnezari inkosi ya seBabulona za vela
ze za eJerusalema za li haqa.
11 uNebukadnezari inkosi ya seBabu-
lona weza emuzini, izinceku zake za wu
haqa.
12 uJehoyakina inkosi yabaJuda wa
puma wa ya enkosini ya seBabulona,
yena, nonina, nezinceku zake, nezikulu
zake, nababusi bake, inkosi ya seBabu-
lona ya m bamba ngomnyaka weshiya-
galombili wokubusa kwayo.
13 Wa pumisa kona imfuyo yonke ye-
ndhlu ka Jehova, nemfuyo yendhlu ye-
nkosi, wa zi hlahlela zonke izitya zego-
lide a zenzayo uSolomona inkosi yaba-
Israeli etempeleni lika Jehova, njengo-
kutyo kuka Jehova.
14 Wa fudusa lonke iJerusalema, nazo
zonke izikulu, nabo bonke abakulu em-
pini, izinkulungwane ezi ishumi abapa-
ngwayo, nazo zonke izihlakanipi, naba-
kandi: a kwa shiywa muntu ngapa-
ndhle kwabo abampofu babantu bezwe.
15 Wa m yisa uJehoyakina eBabulona
kanye nonina wenkosi, nabafazi benko-
si, izinduna zayo, nezikulu zezwe, wa zi
mukisa eJerusalema wa zi yisa zi be izi-
gqili eBabulona.
16 Nabantu bonke a ba ngamaqawe, a
izinkulungwane ezi isikombisa, nezise-
benzi, nabakandi aba inkulungwane
abeqe ekulweni, laba ba fuduswa inkosi
ya seBabulona, ba ba izigqili eBabu-
lona.
17 Inkosi ya seBabulona ya misa
uMatania uyisekazi a buse esikundhle-
ni sake, wa guqula igama lake, wa muta
uZedekia.
18 Ekuqaleni kwake ukubusa, uZede-
kia wa e neminyaka e ngamashumi
amabili nanye wa busa iminyaka e
ishumi nanye eJerusalema. Igama lika
nina la li nguHamutali, indodakazi ka
Jeremia wa seLibna.
19 Wenza kabi emehlweni ka Jeho-
va, njengako konke a be kwenzile uJe-
hoyakina.
20 Ngokuba ngalo ulaka luka Jehova,
loko kwa ku kona eJerusalema, na seJu-
dia, wa za wa ba xotya ebusweni bake,
uZedekia wa hlubuka kuyo inkosi ya se-
Babulona.

## ISAHLUKO 25.

KWA ti ngomnyaka wesishiyagalolu-
nye wokubusa kwake, ngenyanga
yeshumi, ngosuku lweshumi lwenya-
nga, uNebukadnezari inkosi ya seBabu-
lona weza, yena nempi yonke yake eJe-
rusalema, wa zimisa kona, baka imibo-
tyongo kona ezungezayo.
2 Umuzi wa wu haqiwe kwa za kwa
ba umnyaka weshumi nanye wenkosi
uZedekia.

3 Ngosuku lwesishiyagalolunye nge-
nyanga yesine, indhlala ya i nkulu emu-
zini; kwa ku ngeko ukudhla kubantu
bezwe.

4 Umuzi wa wu fohlwa; amabuto a
baleka ebusuku ngendhlela yesango pa-
kati kwezindonga ezimbili ensimini ye-
nkosi. AmaKaledi a be kona emuzini,
a wu haqa; inkosi ya hamba ngendhle-
la ya seArabia.

5 Impi yamaKaledi ya landela inkosi,
ya yi fumana ematafeni eJeriko, nayo
yonke impi yayo ya hlakazeka.

6 Njalo ba yi bamba inkosi, ba yi yisa
enkosini ya seBabulona eRibla, ba yi
tela icala la yi lahla.

7 Ba bulala amadodana ka Zedekia pa-
mbi kwamehlo ake, ba kipa amehlo ka
Zedekia, ba m bopa ngamakatango etusi,
ba m yisa eBabulona.

8 Ngenyanga yesihlanu, ngosuku lwe-
sikombisa lwenyanga, ukuti ngomnya-
ka weshumi nesishiyagalolunye ka Ne-
bukadnezari inkosi ya seBabulona, we-
za uNebuza-adana, induna yabalindi, in-
ceku yenkosi ya seBabulona, weza eJe-
rusalema.

9 Wa tyisa indhlu ka Jehova, nendhlu
yenkosi, nazo zonke izindhlu za eJeru-
salema, nezindhlu zezikulu, wa zi tyisa
ngomlilo.

10 Impi yonke yamaKaledi ya i kona,
nenduna yabalindi, ya bidhliza utango
lwa seJerusalema oluzungezayo.

11 Abantu abaseleyo emuzini, naba-
hlubukayo enkosini ya seBabulona, no-
kuseleyo kwesixuku, uNebuza-adana in-
duna yomlindi wa ku fudusa.

12 Kodwa induna yabalindi ya shiya
abampofu bezwe, ba be abalimi besivini,
nezisebenzi.

13 Nezinsika zetusi eza zi kona endhli-
ni ka Jehova; nezikondo, nolwandhle
lwetusi olwa lu kona endhlini ka Je-
hova, amaKaledi a zi bulala, a tuta itusi
lazo eBabulona.

14 Nezimbiza, namafosholo, nezicimo,
nezinkezo, nezitya zonke zetusi aba be
konza ngazo, a zi susa.

15 Nezipatumlilo, nezindiwana, nezi-
nto zegolide egolideni, nesiliva esiliveni,
induna yabalindi ya zi susa.

16 Izinsika ezimbili, ulwandhle lu be
lunye, nezikondo a be zenzela indhlu ka
Jehova uSolomona, itusi lezitya lezi la
be li nge nako ukulinganiswa.

17 Ubude bensika inye ba bu amaku-
biti a ishumi nesishiyagalombili, inhlo-
ko pezu kwayo i be itusi; nobude be-
nhloko leyo, ba bu ngamakubiti amata-
tu, ya yi setyenzwa ngokusebenza oku-
panjanisiweyo nerimoni pezu kwenhlo-
ko ngokuzungeza kwetusi, futi nensika
yesibili ya yi njalo, i setyenzwe okupa-
njanisiweyo.

18 Induna yabalindi ya m tata uSe-
raia umpristi omkulu, noZefania umpri-
sti owesibili, nabatatu abalinda emnya-
ngo.

19 Na nga semuzini ya tabata umbusi
owa miselwa amabuto nabantu aba isi-
hlanu kwa ba be kona ebusweni benko-
si, aba funyenwe emuzini, nombali we-
nduna yempi, owa mema abantu be-
zwe, nabantu aba ngamashumi atatisitu-
pa kubantu bezwe ba be kona emuzini.

20 uNebuza-adana induna yabalindi
wa ba tata bona laba, wa ba yisa enkosi-
ni ya seBabulona eRibla.

21 Inkosi ya seBabulona ya ba tyaya,
ya ba bulala eRibla, ezweni la seHa-
mati. Njaloke abaJuda ba mukiswa
ezweni labo.

22 Abantu abaseleyo ezweni labaJuda,
aba shiywa nguNebukadnezari inkosi ya
seBabulona, ya m misa uGedelia, indo-
dana ka Ahikama, indodana ka Shefa-
na, a buse bona.

23 Izinduna zonke zamabuto, nabantu
bazo, se be zwile ukuba inkosi ya seBa-
bulona i bi m misile uGedelia a buse,
beza kuGedalia eMizpa, uIshmaeli indo-
dana ka Netania noJohanani indodana
ka Keria, noSeraia indodana ka Tanhu-
meta umNetofa; noJazania indodana
yoMakati, bona nabantu babo.

24 uGedalia wa fungela labo, nabantu
babo, wa ti, Ni ngesabi ukukonza ama-
Kaledi, hlalani ezweni, ni konze inkosi
ya seBabulona; ku za ku ba lungile
kini loko.

25 Kwa ti ngenyanga yesikombisa,
uIshmaeli indodana ka Netania indo-
dana ka Elishama wenzalo yenkosi, na-
bantu aba ishumi naye, eza a gele uGe-
dalia wa za wa fa, nabaJuda namaKa-
ledi a be kona naye eMizpa.

26 Ba suka abantu bonke abancane na-
bakulu, nezinduna zempi, ba ya Egipite
ngokuba besaba amaKaledi.

27 Kwa ti ngomnyaka wamashumi
amatatu nesikombisa wokubotywa kuka
Jehoyakina inkosi yabaJuda, ngenyanga
yeshumi nambili, ngosuku lwenyanga
olu ngamashumi amabili nesikombisa,
uEvilimerodaki inkosi ya seBabulona

32 uJonatani, uyisekazi ka Davida wa e ilunga; umuntu o hlakanipileyo, nombali uJehieli indodana ka Hakmoni wa e kanye namadodana enkosi.

33 uAhitofeli wa e umyali wenkosi: uHushi umAki wa e ilunga lenkosi.

34 uJehoida indodana ka Benaia wa e pansi kuka Ahitofeli, noAbiatari. Induna yempi yenkosi ya i uJoabi.

## ISAHLUKO 28.

UDAVIDA wa buta onke amakosana a kwa Israeli, amakosana ezizwe, amakosana ezigaba, e za konza inkosi, nezinduna zezinkulungwane, nezamakulu, nababonisi bemfuyo yonke, nabezinkomo zenkosi, nezamadodana ayo, kanye nabakulu, namaqawe, nabo bonke abantu aba namandhla eJerusalema.

2 uDavida inkosi wema ngezinyawo zake, wa ti, ngi zweni bazalwane bami, nabantu bami, be ku senhliziyweni yami ukwakela, umpongolo wesivumelwano ka Jehova indhlu yokuhlala neyesenabelo sika Tixo wetu, nga lungisela ukwaka.

3 uTixo wa ti kimi a u yi kulakela igama lami indhlu, ngokuba kade u umuntu wokulwa u cita igazi.

4 uJehova uTixo ka Israeli wa ngi keta endhlini yonke ka baba ngi be inkosi pezu kwabaIsraeli ku ze ku be pakade: ngokuba u ketile uJuda a be umbusi; endhlini ka Juda, indhlu ka baba napakati kwamadodana ka baba wa ngi tanda wa ngenza inkosi pezu ku ka Israeli wonke.

5 Kuwo onke amadodana ami (loku uJehova e ngi pile amadodana amaningi) u ketile uSolomona indodana yami ukuhlala esihlalweni sobukosi sombuso ka Jehova pezu kuka Israeli.

6 Wa ti kimi, uSolomona indodana yako, u yena o ya ku kwaka indhlu yami, namabala ami, ngokuba ngi m ketile a be indodana yami, mina ngi za kuba uyise.

7 Ngi ya kuqinisa umbuso wake ku ze ku be pakade, uma e qinile ukwenza imiyalo yami, nokwahlula, kwami njenga namhla.

8 Kalokuke, emehlweni ka Israeli wonke, inhlangano ka Jehova na sezindhlebeni zika Tixo wetu gcinani ni fune imiyalo yonke ka Jehova uTixo wenu, ukuze ni li fuye izwe elihle ni li shiye emva kwenu li be ifa labantwana benu ku ze ku be pakade.

9 Wena, Solomona indodana yami, azi uTixo ka yihlo, u m konze ngenhliziyo e peleleyo, ngomoya o vumayo: ngokuba uJehova u hlolisisa izinhliziyo zonke, wazi izizindhlo zonke zemicabango: uma u m funa u ya kumfumana; uma u m dela u ya kukulahla u ngunapakade.

10 Hlakanipake ngokuba uJehova u ku ketile ukwaka indhlu i be indawo e ngcwele; qinake u kwenze.

11 uDavida wa nika uSolomona indodana yake, umfanekiso, wesango nowezindhlu zalo, nowezindhlu zemfuyo zalo, nowezipezulu, nowezipakati, nowendhlu yesihlalo somusa.

12 Nomfanekiso wako konke inhliziyo yake e ya i ku cabanga ngamabala endhlu ka Tixo na ngezindhlu zonke inxa zonke nangezindhlu zemfuyo yendhlu ka Tixo, nangezemfuyo yokwahlukanisiweyo:

13 Na ngezigaba zabapristi, nezabaLevi, na ngomsebenzi wonke wenkonzo yendhlu ka Jehova, na ngezitya zonke zenkonzo zendhlu ka Jehova.

14 Wa nikela isilinganiso segolide lezinto zonke zegolide zenkonzo yonke, na ngezinto zonke zesiliva ngesilinganiso, ngezinto zonke zenkonzo yonke.

15 Isilinganiso sezinti zezibani zegolide, nezibani zazo zegolide, njengesilinganiso sezinti zonke nezibani zazo, nezinti zesiliva ngesilinganiso soti, nezibani zalo, njengomsebenzi wezinti zonke zezibani.

16 Negolide ngesilinganiso lamatebula ezinkwa zokubhekelwa, amatebula onke: nesiliva lamatebula esiliva.

17 Negolide elihle lezimfoloko, namaboli, nezindebe: nezitya zonke zegolide ngesilinganiso na ngezitya zonke zesiliva, wa nika isiliva ngesilinganiso.

18 Nomfanekiso welati lempepo, igolide elihle ngesilinganiso, nomfanekiso wenqola amakerubi egolide elulile amapiko awo a sibekela umpongolo wesivumelwano sika Jehova.

19 Konke loku u ngi fundisile ngokuloba ngesandhla sika Jehova pezu kwami imisebenzi yonke ya lomfanekiso.

20 uDavida wa ti kuSolomona indodana yake, qina u be nesibindi, u kwenze: u ngesabi u nga peli amandhla, ngokuba uJehova uTixo, uTixo wami u ya kuba nawe; a ka yi kunqamuka kuwe, a ku shiye; u ze u pele umsebenzi wonke wenkonzo yendhlu ka Jehova.

21 Bhekake izigaba zabapristi nezabaLevi zo ba nawe enkonzweni yonke yendhlu ka Tixo: nabantu bonke abahlakanipileyo abavumayo ba ya kuba nawe emisebenzini yonke yenkonzo: namakosi, nabantu bonke ba ya kuba sezindabeni zonke zako.

## ISAHLUKO 29.

UDAVIDA inkosi wa ti, kuyo yonke inhlangano, uSolomona indodana yami uTixo a m ketileyo yedwa, u se mncane, u tambile, umsebenzi mkulu, ngokuba itempeli a si lo e lomuntu e lika Jehova uTixo.

2 Ngi lungisile indhlu ka Tixo wami, ngamandhla ami onke, igolide lo kwegolide isiliva lo kwesiliva netusi lo kwetusi nensimbi yo kwensimbi, nemiti yo kwemiti, amatye eshohamu na wokufakwa, namatye a kazimulayo na nemibala eminingi, nezinhlobo zonke zamatye amahle, namhlope amaningi.

3 Futi ngokuba ngi ya tokoza ngendhlu ka Tixo wami, ngi nemfuyo yegolide nesiliva, e ngi ku nikeleyo endhlini ka Tixo wami oku pezu kwako konke e ngi ku lungisele indhlu e ingcwele.

4 Amatalenta a izinkulungwane ezintatu egolide la seOfire, namatalenta a izinkulungwane ezi isikombisa esiliva eli colisisekileyo, lokuhuqa izindonga zezindhlu:

5 Igolide lo kwegolide nesiliva lo kwesiliva nokomsebenzi wonke wezandhla zezinyanga. Ubani o vumayo namhla ukugcwalisela uJehova izandhla zake na?

6 Konake amakosana ezindhlu, namakosana ezizwe za kwa Israeli, nezinduna zezinkulungwane nezamakulu kanye nababusi bomsebenzi wenkosi ba nikela ngokuvuma.

7 Ba nikela enkonzweni yendhlu ka Tixo amatalenta a izinkulungwane ezi isihlanu egolide namadarike a izinkulungwane ezi ishumi namatalenta a izinkulungwane ezi ishumi esiliva namatalenta a izinkulungwane ezi ishumi nashiyagalombili etusi, namatalenta a izinkulungwane ezi ikulu ensimbi.

8 Aba be nawo amatye amahle ba wa nikela emfuywenі yendhlu ka Jehova, ngesandhla sika Jehieli umGershoni.

9 Abantu ba jabula, ngokuba ba be vuma ukunikela ngenhliziyo e pheleleyo kuJehova, uDavida inkosi wa tokoza kakulu futi.

10 uDavida wa bonga uJehova pambi kwenhlangano yonke: uDavida wa ti, Ma u bongwe Jehova Tixo ka Israeli ubaba ku ze ku be nini na nini.

11 Obako Jehova ubukulu, namandhla, nobuhle, nobumnandi, nobukosi: ngokuba konke oku sezulwini noku semhlabeni, ku okwako, umbuso u ngo wako Jehova, u pakeme u inhloko pezu kwako konke.

12 Ukuceba nodumo ku vela kuwe u ku busa konke; esandhleni sako, ku kona amandhla nokwahlula, ku sesandhleni sako ukukulisa konke, ku be namandhla.

13 Tixo wetuke si ya kubonga, si ya li dumisa igama lako lobukosi.

14 Ngi ubani mina nabantu bami ba ini, ukuba si be namandhla okunikela ngokuvuma kanje na? Ngokuba konke ku vela kuwe, si ku nike okwesandhla sako.

15 Tina si abafo pambi kwako nabahambi njengobaba betu bonke, izinsuku zetu emhlabeni zi njengetunzi, aliko itemba.

16 Jehova Tixo wetu yonke lempahla e si yi lungisele ukwakela igama lako eli ingcwele indhlu i vele esandhleni sako, e yako yonke.

17 Ngi yazi Tixo wami, ukuba u ya i hlola inhliziyo, u tokoze ngokulunga. Mina ngokulunga kwenhliziyo yami, ngi ku nikele konke loku ngokuvuma, nabantu bako aba kona, ngi ba bonile, ngokujabula, be nikela ngokuvuma kuwe.

18 Jehova Tixo ka Abrahama noIsaka noIsraeli; obaba betu, ku gcine loku ezizindhlweni zemicabango yenhliziyo yabantu bako, ku ze ku be pakade u mise inhliziyo yabo kuwe.

19 U nike indodana yami uSolomona inhliziyo epeleleyo, ukugcina imiyalo yako, nemiteto yako, nezimemezelo zako, nokwenza konke nokwaka itempeli e ngi li lungiseleyo.

20 uDavida wa ti kuyo yonke inhlangano, M bongenike uJehova uTixo wenu: Inhlangano yonke ya m bonga uJehova uTixo wa oyise; ba goba amakanda abo ba kotama kuJehova, na senkosini.

21 Ba m hlabela uJehova, ba m nikela iminikelo yokutya kuye, nga ngomuso izinkunzi ezi inkulungwane, nezinqama ezi inkulungwane namacwane a inkulu-

ngwane; neminikelo yabo yokupuza,
nemihlatyelo eminingi ka Israeli wo-
nke.
22 Ba dhla ba puza pambi kuka Je-
hova ngalolosuku ngenjabulo enkulu,
ngokwesibili benza uSolomona indoda-
na ka Davida a be inkosi ba m gcobela
uJehova ukuba a be umbusi, noZadoki a
be umpristi.
23 uSolomona wa hlala esihlalweni so-
bukosi sika Jehova e inkosi, esikundhle-
ni sika Davida uyise wa ba nenhlanhla,
uIsraeli wonke wa m lalela.
24 Amakosana onke, namaqawe, na-
madodana onke enkosi uDavida, a zi
toba ku Solomona inkosi.
25 uJehova wa m kulisa uSolomona
kakulu emehlweni abaIsraeli bonke,
wamamkelisa ubukosi bombuso, o bu
nga zange bu be kona enkosini ya kwa
Israeli ngapambili kwake.
26 uDavida indodana ka Jese wa bu-
sa pezu kuka Israeli wonke.
27 Isikati a busa ngaso, pezu kuka
Israeli wonke, sa ba iminyaka e ama-
shumi amane: eHebroni wa busa imi-
nyaka e isikombisa; eJerusalema wa
busa iminyaka e amashumi amatatu
nantatu.
28 Wa fa, e semdala, e neminyaka
eminingi, e nengcebo nodumo: uSolo-
mona indodana yake wa busa esiku-
ndhleni sake.
29 Imisebenzi ka Davida inkosi, e yo-
kuqala neyokugcina, bheka i baliwe
encwadini ka Samueli umprofeti, na se-
ncwadini ka Natani umprofeti, na se-
ncwadini ka Gadi umprofeti.
30 Kanye nokubusa kwake konke
namandhla ake, nezikati e za m dhlu-
layo, noIsraeli, nemibuso yonke yama-
zwe.

---

INCWADI YESIBILI

# YEZIKRONIKE.

## ISAHLUKO 1.

USOLOMONA indodana ka Davida
wa qiniswa embusweni wake, noJe-
hova uTixo wake wa e naye, wa menza
a be mkulu kakulu.
2 uSolomona wa kulumake kubo bo-
nke abakwaIsraeli, ezinduneni zezinku-
lungwane nezamakulu, na kubo abahlu-
leli, na kuwo onke amakosi a kwaIsra-
eli, abakulu ba oyise.
3 Ngako uSolomona nesixuku sonke
si naye, ba kupukela endaweni epezulu
e seGibeoni, ngokuba la li lapo itabane-
kele labantu baka Tixo, e lenziwa uMosi
inceku ka Jehova ehlane.
4 Kodwa umpongolo ka Tixo wa u
tatiwe uDavida eKirjat-jearimi wa u
yisa endaweni a e u lungisele wona:
ngokuba wa u misela utente eJerusa-
lema.
5 Futi ilati letusi e lenziwa uBazalele
indodana ka Uri, indodana ka Huri, wa
li beka ngapambi kwetabanekele lika
Jehova; noSolomona kanye nesixuku
ba buza kulo.
6 NoSolomona wa li kupukela ilati
letusi ngapambi kuka Jehova, e la li se-
tabanekele lesixuku, wenza imihlabelo e
inkulungwane ngapezu kwalo.
7 Ngalobobusuku uTixo wa zibona-
kalisa kuSolomona, wa ti kuyena, Cela
e ngi nga ku nika kona.
8 uSolomona wa ti kuTixo, u bonaka-
lisile umusa omkulu kuDavida ubaba,
nami u ngenzile ngi buse endaweni
yake.
9 Manjeke O Jehova Tixo, ma li mi-
swe iqiniso lako kuDavida ubaba; ngo-
kuba u ngi misile ngi be inkosi pezu
kwabantu aba njengotuli lomhlabati
ngobuningi.
10 Ngi nikeke ukuqonda nokwazi,
ukuba ngi pume ngi ngene kulaba ba-
ntu: ngokuba ubani o nga busa laba ba-
ntu bako, abaningi kangaka na?
11 uTixo wa ti kuSolomona, Ngokuba
loku kwa ku senhliziweni yako, u nga
celanga ingcebo, nemfuyo, nodumo, no-
moya wezita zako, u nga celanga futi
ukupila okude; kodwa wa zi celela uku-
qonda nokwazi, ukuba u buse abantu
bami, e ngi ku misele bona:
12 Ukuqonda nokwazi ku ya nikwa
wena; nami ngo ku nika ingcebo, ne-

mfuyo, nodumo, ngapezu kwawo onke amakosi o wa landelayo wena, na kubo bonke a ba ya kukulandela.

13 uSolomona wa pumake endaweni e pezulu e seGibeoni wa ya eJerusalema, ngapambi kwetabanekele lesixuku, wa busa pezu kwabaIsraeli.

14 uSolomona wa buta izincwele, nabamahashi; wa ba nezincwele ezi inkulungwane namakulu amane, nabamahashi be izinkulungwane ezi ishumi nambili, wa ba beka emizini yezincwele, na kuyo inkosi eJerusalema.

15 Nenkosi yenza eJerusalema isiliva negolide la njengamatye ngobuningi, nemiti yesedare wa yenza njengesikamore e se semfundeni ngobuningi.

16 uSolomona wa kipa amahashi Egipite, nendwangu: nabatengi benkosi ba i tenga indwangu ngenani.

17 Ba kipa Egipite incwele ngamashekeli esiliva a ngamakulu a isitupa, nehashi ngekulu namashumi a isihlanu; ba kipelake onke amakosi amaHitti, amahashi, namakosi aseSiria, ngenxa yamandhla abo.

## ISAHLUKO 2.

USOLOMONA wa qinisela ukuba akele igama lika Jehova indhlu, nendhlu yombuso wake.

2 uSolomona wa keta amadoda a izinkulungwane ezi ishumi ukutwala imitwalo, nezinkulungwane ezi ngamashumi a isishiyagalombili ukumba entabeni, nezinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa uku ba mela labo.

3 uSolomona wa tumela kuHuramu inkosi yaseTire, e ti, Njenga loku wa kwenza kuDavida ubaba, wa m tumela amasedare ukuba ake indhlu yake, yenze njalo kimina.

4 Bheka, ngi ya kulakela igama lika Jehova uTixo wami indhlu, ngi i misele yena, ngi tyise ngapambi kwake impepo emnandi, nesinkwa sesibonakaliso esingapeliyo, nemihlabelo etyiswayo kusasa na kusihlwa, ngamasonto, na ngezinyanga ezintya, na ngokudhla oku ingcwele kuka Jehova uTixo wetu, Loku ku isimiso kubo abaIsraeli kuze kube ngunapakade.

5 Nendhlu e ngi yakayo inkulu; ngokuba mkulu uTixo wetu pezu kwezitixo zonke.

6 Kodwa ubani onamandhla ukumakela indhlu, njenga loku izulu nezulu lamazulu li nge manele, ngi ngubanike mina ukuba ngi makele indhlu, i be ngeyokutyisa imihlabelo kupela?

7 Ngi tumelake umuntu ohlakanipileyo ekusebenzeni igolide, nesiliva, netusi, nensimbi, nangokubomvu, nangokubomvu kakulu, nangokuluhlaza, nongalingana ekubazeni kanye namadoda ahlakanipileyo a kimina eJuda naseJerusalema, abaletwe nguDavida ubaba.

8 Ngi tumele futi imiti yesedare, ne yefire, ne yealgume, epuma eLebanoni: ngokuba ngi yazi izinceku zako zi ya kwazi ukugaula imiti eLebanoni; Futi, bheka, e zami izinceku zi ya kuba kanye nezako,

9 Ukungilungisela kakulu imiti; ngokuba indhlu e ngi za ku yaka i ya kuba nkulu kakulu.

10 Futi, bheka, ngi ya kunika izinceku zako, ababazi bemiti, izilinganiso zokolweni ezi izinkulungwane ezingamashumi amabili, nezilinganiso zebarle ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, nezewaini, nezamafuta.

11 uHuramu inkosi yaseTire ya se i pendula kuSolomona ngokuloba, ya ti, uJehova ngokutanda abantu bake wa kwenza u be inkosi pezu kwabo,

12 uHuramu wa ti futi, Ma ka busiswe uJehova uTixo ka Israeli, o wenza izulu nomhlaba, o wa nika uDavida inkosi indodana ehlakanipileyo, e nokuqonda nokwazi, e ngakela uJehova indhlu, nendhlu yombuso wake.

13 Ngi m tumileke umuntu ohlakanipileyo o nokwazi ka Huramu ubaba,

14 Indodana yowesifazana samadodakazi ka Dani, noyise wa e ngumuntu weTire, e hlakanipile ekwenzeni igolide, nesiliva, netusi, nensimbi, namatye, nemiti, nokubomvu, nokuluhlaza, nendwangu enhle, nokubomvu kakulu; nokubaza konke oku bazwayo, nokuveza yonke imikubana aba i funayo, kanye nabako, nabenkosi yami uDavida uyihlo.

15 Manjeke inkosi yami ma i tumele kuzo izinceku zayo loko e kulume ngako, ukolweni, nebarle, namafuta, newaini:

16 Nati si ya kugaula imiti eLebanoni, o ku ku lingeneyo; si ku letele yona eJafo, ngendhlela yolwandhle; nawe u i kupulele eJerusalema.

17 uSolomona wa bala bonke abezizwe aba sezweni lakwa Israeli, njengokubalwa kwabo nguDavida uyise kwa bonakala ukuba ba izinkulungwane ezi ikulu

namashumi a isihlanu, nezinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa.

18 Wa keta kubona izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa ba twale imitwalo, nezinkulungwane ezi ngamashumi a isishiyagalombili ukumba entabeni, nezinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa ukumela nokusebenzisa abantu.

## ISAHLUKO 3.

USOLOMONA wa qalake ukuyaka indhlu ka Jehova eJerusalema entabeni iMoria, lapo uJehova wa zibonakalisa kuDavida uyise, kuyo indawo e ya lungiswa uDavida endaweni yokubula ka Ornani umJebusi.

2 Wa qala ukwaka ngosuku lobubili lwenyanga yesibili, ngomnyaka wobune wokubusa kwake.

3 I lezike izinto e za qondiswa uSolomona ekwakeni kwake indhlu ka Tixo. Ubude bamakubiti ngesilinganiso sakuqala sa si ngamakubiti a ngamashumi a isitupa, nobubanzi amakubiti a ngamashumi amabili.

4 Novulanda o ngapambili kwendhlu ubude balo ba lingana nobubanzi bendhlu, amakubiti a ngamashumi amabili, nobude bu ikulu namashumi amabili; wa li nameka ngapakati ngegolide elihle.

5 Nendhlu enkulu wa i peta ngomuti wefire, wa li xuba negolide elihle, wa beka kona imiti yomtemari namakatango.

6 Wa hlobisa indhlu ngamatye a igugu, negolide la li igolide leParvaimi.

7 Futi wa i nameka indhlu, izingongolo, nezinsika, nezindonga, neminyango, ngegolide; wa baza amakerubimi ezindongeni.

8 Wenza indhlu e ingcwele kakulu, ubude bayo bu njenga ububanzi bendhlu, amakubiti a ngamashumi amabili, nobubanzi bu ngamakubiti a ngamashumi amabili; wa i nameka ngegolide elitya, inani li ngamatalenta a ngamashumi a isitupa.

9 Nesikalo sezipikili sa si ngamashekeli a ngamashumi a isihlanu egolide. Wa nameka izindhlu zapezulu ngegolide.

10 Nakuyo indhlu e ingcwele kakulu, wenza izitombe ezibili zamakerubimi, wa zi nameka ngegolide.

11 Nezinhlangoti zamakerubimi za zi ngamakubiti a ngamashumi amabili ngobude, olunye uhlangoti lu ngamakubiti a isihlanu, lu fika odongeni lwendhlu; nolunye uhlangoti lwa lu njalo futi, lwa fika kolunye udonga.

12 Nolunye uhlangoti lolunye udonga lwa ngamakubiti a isihlanu, lu fike odongeni lwendhlu; nolunye lu njalo futi, lwa hlangana nolunye uhlangoti lolunye udonga.

13 Ukwanda kwazo lezinhlangoti zamakerubimi kwa ku ngamakubiti a ngamashumi amabili; zema ngezinyawo zazo, ubuso bu pakati.

14 Neveli wa lenza laba luhlaza, nokubomvu, nokubomvu kakulu, nendwangu enhle, wenza namakerubimi kona.

15 Wenza futi ngapambi kwendhlu izinsika ezibili, ubude bazo bu ngamakubiti a ngamashumi amatatu nesihlanu, nezihlokwana ezi ngapezu kwazo zi ngamakubiti a isihlanu.

16 Wenza namakatango, wa wa beka pezu kwamakanda ezinsika; wenza namarimoni a ikulu wa wa beka pezu kwamakatango.

17 Wa vusa lezo nsika ngapambi kwetempeli, enye ngalapa, nenye ngalapa; e ya ngasesokunene wa i biza ngokuti uJakini, ne ya ngasokohlo uBoazi.

## ISAHLUKO 4.

WENZA futi ilati letusi, amakubiti a ngamashumi amabili ubude, nobubanzi futi, ukupakama kwalo ku ngamakubiti a ishumi.

2 Wenza futi icibi lamanzi lamakubiti a ishumi, li indilinga, ukupakama kwalo li ngamakubiti a isihlanu; li haqwa ngentambo yamakubiti a ngamashumi amatatu,

3 Ngapansi kwalo kwa izitombe zezinkabi, za li haqa: zi ishumi ngekubiti linye, zi wa haqa amanzi lawo. Izinhla izibili zezinkabi za bazwa lapo kwenziwa loko.

4 Lema pezu kwezinkabi ezi ishumi nambili, ezintatu zi bheka ngasenyakato, nezintatu ngasentyonalanga, nezintatu ngaseningizimu, nezintatu ngasempumalanga; necibi la bekwa ngapezu kwazo, nezinqe zonke za zi ngapakati.

5 Nohlonze lwalo lwa ngangobubanzi besandhla, na ngapezulu ku fana nesitya, si nezimbali; lamukela ngapakati izitya zokugeza ezi izinkulungwane ezintatu.

6 Wenza futi izityana ezi ishumi, wa beka isihlanu ngalapa, nesihlanu ngalapa, ukuhlambela kona, nemihlabelo etyiswayo ba i gezela kona; kodwa icibi lenzelwa ukugeza abapristi bodwa.

7 Wenza izinti zamakandelo ezi ishumi zegolide, njengokuma kwazo, wa zi beka etempeleni, isihlanu ngalapa nesihlanu ngalapa,
8 Wenza futi amatebula a ishumi, wa wa beka etempeleni, isihlanu ngalapa nesihlanu ngalapa, wenza futi izitya ezi ikulu zegolide,
9 Wenza futi ikamelo labapristi, nekamelo elikulu, nezivalo zekamelo, wa gqiza izivalo ngetusi.
10 Wa beka icibi, ngakwesokuponsa ngasempumalanga, na ngaseningizimu.
11 NoHuramu wenza amabodwe, namafosholo, nezitya. NoHuramu wa wu qeda umsebenzi wendhlu ka Tixo a e wenzela inkosi uSolomona;
12 Lezo usika ezibili, namagobongo, namakanjana a e ngapezu kwezinsika, nemiqele emibili ukusibekela amagobongo amabili awo amakanjana a ngapezulu kwezinsika.
13 Namarimoni a ngamakulu amane pezu kwemiqele leyo; izindhla ezibili zamarimoni ku inqele munye, ukusibekela amakanjana a sezinsikeni.
14 Wenza futi izisekelo, nezitya pezu kwazo;
15 Icibi linye, nezinkabi ezi ishumi ngapansi kwalo.
16 Namabodwe, namafosholo, nezindobo zenyama, nako konke aba kudingileyo, uHuramu uyise wenzela inkosi uSolomona ku be okwendhlu ka Jehova, ngetusi elikazimulayo.
17 Inkosi ya zi bumba etafeni leJordani, kulo ibumba eli ngapakati kweSukoti neZeredata.
18 Njaloke uSolomona wenza lezi zitya za zi ningi kakulu; nesikalo salo itusi sa si nge tolwe muntu.
19 uSolomona wenza zonke izitya zendhlu yenkosi, nelati legolide, namatebula esinkwa sesibonakaliso;
20 Futi izinti zamakandelo, kanye namalampe azo, wa zenza ngegolide elihle, ukuba zi baneke kahle.
21 Nezimbali, namalampe, no dhlau, wa kwenza ngegolide eli peleleyo.
22 Wenza ngegolide elipeleleyo, nesizenze nezitya, nezinkezo neziko; nasekungeneni kwendhlu, nezivalo zapakati ezingasendaweni e ingcwele, nezivalo zendhlu yetempeli, za zi negolide.

## ISAHLUKO 5.

NGAKOKE wonke umsebenzi owenziwa uSolomona endhlini ka Jehova wa pela: uSolomona wa ngenisa zonke izinto eza nikwa uDavida uyise; nesiliva, negolide, nayo yonke impahla, wa i beka kanye namagugu endhlu ka Tixo.
2 Wa ti uSolomona wa butela eJerusalema zonke izikulu zakwa Israeli, namakanda onke ezizwe, nomkulu wa oyise babantwana baka Israeli, ukukupula umpongolo wesivumelwano sika Jehova, be wu susa emzini ka Davida, o seZioni.
3 Ngako onke amadoda akwa Israeli a butana enkosini, ngesikati somhlabelo o senyangeni yesikombisa.
4 Zonke izikulu za kwa Israeli zeza; nabaLevi ba twala umpongolo.
5 Ba wu kupula umpongolo, netabanekele lesixuku, nezitya zonke ezi ingcwele eza zi kulo itabanekele, loko kwa kutyulwa abapristi nabaLevi.
6 Futi inkosi uSolomona, naso sonke isixuku sakwa Israeli e sa si butene kuyena ngapambi kompongolo, ba hlaba izimvu nezinkabi, ezi nge balwe muntu ngobuningi.
7 Nabapristi ba ngenisa umpongolo wesivumelwano sika Jehova endaweni yawo, engosini yendhlu, kuyo indawo e ingcwele kakulu, ngapansi kwamapiko amakerubimi:
8 Ngokuba amakerubimi elula amapiko awo ngapezu kwendawo yompongolo, namakerubimi a wu sibekela umpongolo.
9 Ba vula izindawana zompongolo, ukuze zi bonakale ngapakati kwendhlu, kodwa zi nga bonakali ngapandhle, ku njaloke na namuhla.
10 Ngapakati kompongolo kwa ku kona amatebula amatye amabili, a bekwa uMosi pakati eHorebe, kupela, ngesikati sokwenza kuka Jehova isivumelwano nabantwana baka Israeli, lapo be pumayo Egipite.
11 Kwa ti, se be pumile abapristi endaweni e ingcwele, ngokuba abapristi aba be kona ba be ngabagcotyiweyo be nga hlalelani:
12 Futi abaLevi aba be ngabahlabeleli, bonke aba kwa Asafa, naba kwa Hemani, na ba kwa Jedutuni, namadodana abo, nabafo wabo, be gqoke indwangu emhlope, be pete izingubu, bema ngasempumalanga kwalo ilati ku kona kanye nabo abapristi aba ikulu namashumi amabili be beta amatilongo:)
13 Kwa ti, aba beta amatilongo, naba-

gwabayo, bezwakala kanye kanye ekukonzeni nasekubongeni uJehova; na lapo be vusa izwi labo ngamatilongo na ngezingubu, be dumisa uJehova, be ti, ngokuba u lungile yena; nomusa wake u ma njalo: indhluke ya gcwala ifu, indhlu leyo ka Jehova.

14 Abapristi ba hluleka ukukuluma ngenxa yefu: ngokuba ubungcwele buka Jehova ba i gcwalisa indhlu ka Tixo.

## ISAHLUKO 6.

WA tike uSolomona, uJehova u tyilo ukuba u ya kuhlala ebumyameni obukulu.

2 Kodwa mina ngi yakile indhlu yokuhlala wena, nendawo yokuba u hlale njalo njalo.

3 Nenkosi ya pendula ubuso bayo, ya busisa sonke isixuku sakwa Israeli, nabo bonke bema ngezinyawo.

4 Wa ti, ma ka busiswe uJehova uTixo ka Israeli, o se kwenzile ngezandhla zake loko a ku kuluma ngomlomo wake kuDavida ubaba, eti,

5 I loku nga kipa abantu bami ezweni lasEgipite, a ngi ketanga muzi kuzo zonke izizwe zakwaIsraeli ukwaka indhlu kona, ukuba li be lapo igama lami; a ngi ketanga muntu futi ukuba a buse abantu bami abaIsraeli.

6 Kodwa ngi ketile iJerusalema, ukuba li be lapo igama lami; nga keta uDavida a be pezu kwabantu bami abaIsraeli.

7 Kwa ku kona enhliziyweni ka Davida ubaba, ukumakela uJehova uTixo ka Israeli indhlu.

8 Kodwa uJehova wa ti kuDavida ubaba, Ngokuba kwa ku kona enhliziyweni yako ukulakela igama lami indhlu, wenza kahle ngokuba kwa ku senhliziyweni yako:

9 Kodwa a ku i ku yaka indhlu wena; kodwa indhlu yegama lami i ya kwakiwa indodana yako e puma okalweni lwako.

10 uJehova u li fezileke izwi a li kulumileyo; mina ngi vukile endaweni ka Davida ubaba, ngi bekiwe pezu kwesihlalo sobukosi sika Israeli, njengokuqinisa kuka Jehova, ngi yakile futi indhlu yegama lika Jehova uTixo ka Israeli.

11 Nompongolo ngi wu bekile pakati, kwayo, o pete isivumelwano sika Jehova, a senzileyo nabantwana baka Israeli.

12 Wema ngapambi kwelati lika Jehova, e bukwa isixuku sonke sakwa Israeli, welula izandhla zake:

13 uSolomona wa e yenzile indawo yokuma ngetusi, ubude bu ngamakubiti o isihlanu, nobubanzi futi, nokupakama ku ngamakubiti amatatu, wa i beka ngapakati kwendhlu, wema kuyo, wa guqa ngamadolo ngapambi kwaso sonke isixuku sa kwaIsraeli, welula izandhla zake ngasezulwini.

14 Wa ti, O Jehova Tixo ka Israeli, ka i ko inkosi e njengawe, ezulwini nasemhlabeni; e londayo isivumelwano, nomusa ezincekwini zayo, ezi hamba ngapambi kwako ngezinhliziyo zonke zazo:

15 Wena o ku londileyo loko o wa ku qinisela inceku yako uDavida ubaba; u kuluma ngomlomo wako, u gcwalisa ngesako isandhla, njenga loku ku njalo namuhla.

16 Manjeke o Jehova Tixo ka Israeli, a ku be njalo loko o wa ku qinisela uDavida ubaba, u ti, A ka yi ku puta umuntu emehlweni ami o ya ku hlala esihlalweni sobukosi buka Israeli, ba qondeke abantwana bako, ukuhamba ngendhlela yomteto wami, njengokuhamba kwako ngapambi kwami:

17 Manjeke o Jehova Tixo ka Israeli, ma li qiniseke izwi lako, o li kulumileyo kuyo inceku yako uDavida.

18 Kodwa uTixo u ya kuhlala nempela nabantu emhlabeni na? bheka, izulu nezulu lamazulu li nge kwanele wena, kakulu kanjanike lendhlwana e ngi yakileyo na?

19 Lalelake umtandazo wenceku yako, nokucela kwake, o Jehova Tixo wami, uku lalela ukukala, nomtandazo wenceku yako ngapambi kwako:

20 Ukuba amehlo ako a vuleke pezu kwa lendhlu emini nasebusuku, kuyo indawo o tyileyo ukuba u ya kubeka igama lako kona; uku wu lalela umtandazo wenceku yako ngayo lendawo.

21 Yizwake ukucela kweneeku yako, nabantwana bako abaIsraeli, ngokukalela kwabo lendawo; yizwa u sezulwini endaweni yako yokuhlala; nalapo u zwayo, yekela.

22 Uma umuntu e nesono kumakelwane wake, a nikwe isifungo ukuba a funge ngaso, nesifungo leso si fika ngapambi kwako ku lendhlu;

23 Yizwake wena u sezulwini, wenze, wahlulele izinceku zako, u hlupe ababi, u pindisele indhlela yake pezu kweka-

nda lake; wabele kahle olungileyo, u m nike njengokulunga kwake.

24 Uma abantu bako abaIsraeli be hlulwa isita, ngokuba bonile nga kuwena; noko ba buye ba vume igama lako, ba tandaze ba kale ngapambi kwako ku lendhlu;

25 U zweke wena o sezulwini, u yekele isono sabantu bako abaIsraeli, u ba buyisele futi ezweni o li nike bona noyise babo.

26 Lapo ku valeka izulu, kungeko imvula, ngenxa yokona kwabo kuwena; noko uma be tandaza ku lendawo, be vuma igama lako, be penduka esonweni sabo, o wa u ba hlupe ngaso;

27 Uzweke wena o sezulwini, u yekele isono sezinceku zako, nabantu bako abaIsraeli, lapo u su ba fundisile indhlela elungileyo, e nga be hamba ngayo, u tume imvula pezu kwezwe lako, oli nikileyo abantu bako li be ifa labo.

28 Uma ku kona indhlala ezweni, nesikonyana, nezinhlupeko zonke; uma izita zabo zi ba vimbela emizini yezwe labo, noma ku hlutyekwa noma ku gulwa:

29 Lapoke umtandazo nokucela oku ya kwenziwa umuntu, noma abantu bonke bako abaIsraeli, i lowo njalo e kwazi okwake ukuhlupeka, elule izandhla zake ku lendhlu:

30 U zweke wena u sezulwini indawo yokuhlala kwako, u yekele, wabele ku lowo njalo njengezenzo zake zonke, o nhliziyo yake u ya yazi wena; (ngokuba izinhliziyo zabantwana babantu zaziwa nguwe wedwa.)

31 Ukuze be sabe wena, ba hambe ngezindhlela zako, ngokupila konke kwabo ezweni o li nikileyo obaba betu.

32 Futi isihambi o ku ngesiso sabantu bako abaIsraeli, o vela ezweni eli kude ngenxa yegama lako elikulu, nesandhla sako esinamandhla, nomkono wako o weluliweyo; uma be fika be tandaza ku lendhlu;

33 U zweke wena u sezulwini, u sendaweni yokuhlala kwako, u menzele kona konke a ku bizayo kuwena, ukuze abantu bonke bomhlaba ba lazi igama lako, ba kwesabe wena, njengabantu bako abaIsraeli, bazi futi ukuba lendhlu e ngi yakileyo i bizwa ngegama lako.

34 Uma abantu bako be puma ukulwa nezita zabo ngendhlela o ba tumayo ngayo, be ku tandazela kuwo lomuzi o wu ketileyo wena, nendhlu e ngi yakele igama lako;

35 U zweke umtandazo nokukala kwabo, u sezulwini, u ba mele bona,

36 Uma ba yona kuwena (ngokuba akako ongoniyo,) nawe u ba tukutelele, u ba nikele izita zabo, nabo ba ba yise be izigqili ezweni elikude, noma eli seduze;

37 Noko uma be penduka kulelozwe aba yiswe kulo, ba buye ba kale kuwena be kulelozwe, be ti, Sonile, si pambukile, senzili ububi.

38 Uma be pendukela wena ngenhliziyo yonke yabo, nangompefumulo wonke wabo kulelozwe lobugqili babo, a ba yiswe kulona, be kalela izwe labo, o li nikileyo oyise babo, nomuzi o ketwe nguwena, na kuyo indhlu e ngi yakele igama lako;

39 U zweke wena u sezulwini, endaweni yokuhlala kwako, umtandazo wabo, nokukala kwabo, u ba mele, u ba yekele abantu bako aba konileyo.

40 Manje, Nkosi yami, ngi ya kuleka, ma a vuleke amehlo ako, nezindhlebe zako ma zi wu zwe umtandazo owenziwayo ku lendawo.

41 Manjeke kupukela endaweni yako yokupumula, O Jehova Tixo, wena, nompongolo wamandhla ako; abapristi bako ma ba gqokiswe ngensindiso, O Jehova Tixo, nabalungileyo bako ma ba jabule ngokulunga.

42 O Jehova Tixo, u nga penduli ubuso bako kogcotyiweyo wako; kumbula umusa ka Davida inceku yako.

## ISAHLUKO 7.

LAPO uSolomona e se qedile ukukuleka kwake, wehla umlilo ezulwini, wa i qeda imihlabelo etyiswayo; nodumo luka Jehova lwa i gcwalisa indhlu.

2 Abapristi ba be nge nakungena endhlini ka Jehova, ngokuba udumo luka Jehova lwa lu i gcwalisile indhlu ka Jehova.

3 Na lapo bonke abantwana bakwa Israeli ba bona ukwehla komlilo, nodumo luka Jehova pezu kwendhlu, ba kotama pansi ngobuso pezu kwegceke, ba kuleka, ba konza uJehova, be ti, Ngokuba u lungile yena, umusa wake u ma njalo.

4 Inkosi nabantu bonke ba nikela imihlabelo ngapambi kuka Jehova,

5 Inkosi uSolomona wenza umhlabelo wezinkabi ezi izinkulungwane ezingamashumi amabili namabili, nezimvu ezi izinkulungwane ezi ikulu namashumi

amabili; njaloke inkosi nabantu bonke
ba yenza ngcwele indhlu ka Tixo.
6 Nabapristi ba hlala ezindaweni za-
bo: namaLevi futi e pete izingumbu zi-
ka Jehova, e za zenziwe uDavida inkosi
ukudumisa uJehova, ngokuba umusa
wake u ma njalo, lapo uDavida e dumisa
ngokwenza kwawo; nabapristi ba beta
amatilongo ngapambi kwabo, naba kwa
Israeli bonke bema.
7 Futi uSolomona wa lenza ngcwele
ibala eli ngapambi kwendhlu ka Jeho-
va; ngokuba wa tyisa lapo imihlabelo
yake, namafuta emihlabelo yokutula,
ngokuba ilati letusi elenziwa uSolomona
la li nge nakwamkela imihlabelo, ne ye-
nyama, ne yamafuta.
8 Nangalesosikati uSolomona wenza
lowo mhlabelo izinsuku ezi isikombisa,
naba kwa Israeli bonke kanye naye, isi-
xuku esikulu kakulu, ku suke ekunge-
neni kweHamati ku ze ku fike emfuleni
wasEgipite.
9 Nangosuku lwesishiyagalombili be-
nza inhlangano e ingcwele; ba hlalela
ukumiswa kwelati izinsuku ezi isiko-
mbisa, nomhlabelo izinsuku ezi isiko-
mbisa futi,
10 Nangosuku lwamashumi amabili
nantatu lwenyanga yesikombisa, wa tu-
ma abantu ezindhlini zabo, be jabula
ezinhliziyweni zabo, ngomusa ka Jehova
a u bonakalise kuDavida, na kuSolomo-
na, na kubo abaIsraeli abantu bake.
11 Njaloke uSolomona wa i qeda
indhlu ka Jehova, nendhlu yenkosi;
konke okwangena enhliziyweni ka So-
lomona ukwenza endhlini ka Jehova,
na kwe yake indhlu, kwa pelela impela.
12 uJehova wa zibonakalisa kuSolo-
mona ebusuku, wa ti ku yena, ngi wu
zwile umtandazo wako, nami ngi zike-
tele lendawo i be indhlu yomhlabelo.
13 Uma ngi ya li vala izulu i nga biko
imvula, noma ngi yaleza isikonyane si
qede izwe, noma ngi tuma izinhlupeko
kubantu bami;
14 Uma abantu bami, aba bizwa nge-
gama lami, ba ya zitobisa, ba kuleke,
ba fune ubuso bami, ba penduke ezo-
nweni zabo; ngi ya kuzwake ngi se-
zulwini, ngi yekele isono sabo, ngi polise
izwe labo.
15 Manje amehlo ami a ya kuvuleka,
nezindhlebe zi wu lalele umtandazo owe-
nziwayo ku lendawo.
16 Ngokuba manje ngi i ketile nga
yenza ngcwele lendhlu, ukuze li be lapo
igama lami ku ze ku be ngunapakade:
namehlo ami nenhliziyo yami i be lapo
njalo njalo.
17 Naweke, uma u ya hamba ngapa-
mbi kwami njengokuhamba kuka Davi-
da uyihlo, wenze ngako konke ukuyale-
za kwami, u namatele emitetweni yami,
naseminqamulweni yami;
18 Ngo si misake isihlalo sobukosi so-
mbuso wako, njengesivumelwano sami
noDavida uyihlo, ngi ti, A ku yi ku
pute muntu a be umbusi eIsraeli.
19 Kodwa uma ni ya penduka ni yi
shiye imiteto yami, neziyalezo zami, e
ngi zi bekileyo ngapambi kwenu, ni ha-
mbe ni konze ezinye izitixo, ni zi du-
mise:
20 Ngi ya kubakipake ngezimpande
ezweni e ngi ba nikileyo lona; na le-
ndhlu, e ngi yenze ngcwele ngenxa ye-
gama lami, ngi ya kuifihla, emehlweni
ami, ngi kwenze ku be isiga ezizweni
zonke.
21 Na lendhlu e pezulu, i ya kuba isi-
mangáliso kubo bonke aba dhlulayo;
naye u ya kuti, uJehova u kwenzeleni
loku ku lelizwe, na kulendhlu na?
22 Ko pendulwa ku tiwe, ngokuba ba
m dela uJehova uTixo wa oyise babo, o
wa ba kipayo ezweni lasEgipite, ba ba-
mbelela kwezinye izitixo, ba zi dumisa,
ba zi konza; ngakoke u bu letile bonke
lobu bubi pezu kwabo.

## ISAHLUKO 8.

KWA ti emva kweminyaka e ngama-
shumi amabili, ngasemva kokwaka
kuka Solomona indhlu ka Jehova, ne-
ndhlu yake,
2 uSolomona wa i vusa imizi a i ni-
kwa nguHuramu, wa hlalisa kona aba
kwa Israeli.
3 uSolomona wa ya eHamatzoba, wa
lahlula.
4 Wa laka neTadmo ehlane, nayo
yonke imizi yempahla, a yakileyo eHa-
mati.
5 Waka futi i Beti-horoni ngapezulu,
neBeti-horoni e li ngasenzansi, imizi e
biyiweyo, e nezindonga, nezivalo, nezi-
nsika.
6 NeBalati, nayo yonke imizi yempa-
hla e ya i nge ka Solomona, nayo yonke
imizi yezinewele, nemizi yabamahashi,
nayo yonke e ya tanda ukwakiwa uSolo-
mona eJerusalema, na seLebanoni, na
kulo lonke izwe lombuso wake.
7 Abantu bonke aba insali yamaHiti,

neyamaAmori, neyamaPerizi, neyama-
Hivi, neyamaJebusi, aba nge sibo aba
kwa Israeli.
8 Kodwa kubantwana babo, insali
yabo, ezweni, a ba nga qedwanga aba
kwa Israeli, uSolomona wa ba telisake
ku ze ku be namuhla.
9 Kodwa uSolomona a ka benzanga
izicaka aba kwa Israeli; ba be ngamadoda
okulwa, abakulu bezinduna zake, ne-
zinduna zezinewele nabamahashi bake.
10 Abakulu bezinduna zenkosi uSolo-
mona, ba be ikulu namashumi a isihla-
nu, a ba be busa pezu kwabantu.
11 NoSolomona wa tata intombi ka
Faro, emzini ka Davida wa i kupulela
endhlini a yakele yona; ngokuba wa ti
umkami, a nge hlale endhlini ka Davida
inkosi ya kwa Israeli, ngokuba izinda-
wo zi ingcwele, lapo ku fike kona umpo-
ngolo ka Jehova.
12 uSolomona wenzela uJehova imi-
hlabelo etyiswayo pezu kwelati lika Je-
hova, a lakileyo ngapambi kwendhlu.
13 E hlabela njalo njengesiyalezo sika
Mosi, ngamasabata, nangezinyanga ezi-
ntya, nangemihlabelo e ingcwele, kata-
tu ngomnyaka, ngomhlabelo wesinkwa
esingakukumileyo, nowamasonto, no-
wamatabanekele.
14 Wa misa, njengesiyalezo sika Davi-
da uyise, abapristi endaweni yabo, na-
maLevi kwe yabo, ukukonza nokusebe-
nzela abapristi, njalo ngosuku; nabemi-
nyango njalo eminyango yabo yonke;
ngokuba uDavida umuntu ka Tixo wa
yaleza njalo.
15 Nabo a ba pambukanga kuso isiya-
lezo senkosi kubapristi namaLevi ngayo
lendaba, na ngawo amagugu.
16 Wonke umsebenzi ka Solomona wa
u su lungile ngalo usuku lokwenziwa isi-
sekelo sendhlu, ka Jehova, ya ze ya pela.
Njaloke indhlu ka Jehova ya qedwa.
17 Wa yake uSolomona eEziongaba,
naseEloti, ezweni laseEdomi ngaselwa-
ndhle.
18 uHuramu wa m tumela imikumbi
ngezinceku zake, izinceku e za zi lwe
jayele ulwandhle; za hamba nezinceku
zika Solomona eOfire, za tata kona ama-
talenta egolide a ngamakulu amane na-
mashumi a isihlanu, za wa leta ku-
Solomona inkosi.

## ISAHLUKO 9.

LAPO inkosikazi ya seSheba yezwa
ngodumo luka Solomona, yeza uku
m linga uSolomona eJerusalema ngemi-
buzo elukuni, i hamba nesixuku esiku-
lu, namakamelo e twele amaka, nego-
lide eliningi, namatye a igugu: na lapo
e se fikile kuSolomona, wa kuluma
nayo ngako konke oku senhliziyweni
yayo.
2 uSolomona wa i pendula yonke imi-
buzo yake; a kwa tukuswa luto kuSolo-
mona a nga m tyelanga kona.
3 Lapo inkosikazi ya seSheba ya ku
bona ukwazi kuka Solomona, nendhlu a
yakileyo.
4 Nenyama yetebula lake, nokuhlala
kwezinceku zake, nokufika kwabasizi
bake, nokugqoka kwabo; nabapati bezi-
tya zake, nokugqoka kwabo; nendhlela
a kupukela ngayo endhlini ka Jehova;
a kwabako moya kuyona.
5 Ya ti kuyo inkosi, kwa ku qinisile
e nga kuzwayo ngi sezweni lami ngeze-
nzo zako, na ngokwazi kwako.
6 Kodwa a ngi kolwanga amazwi abo,
nga ze nga fika, nga bona ngamehlo
ami; bheka, a ngi tyelwanga nenxenye
yobukulu bako nokwazi kwako: ngoku-
ba u ya ludhlula kakulu udumo e ngi
lu zwileyo.
7 Ba ya jabula abantu bako, na lezi zi-
nceku zako, e zi ma njalo ngapambi
kwako, zi zwa ukuhlakanipa kwako.
8 Ma ka busiswe uJehova uTixo wa-
ko, o tandileyo ukukumisa esihlalweni
sobukosi bake, u be inkosi kuJehova
uTixo wako; ngokuba uTixo wako wa
ba tanda abaIsraeli, ukubahlalisa njalo
njalo, ngakoke wa kwenza u be inkosi
pezu kwabo, ukubahlulela kahle.
9 Ya i nika inkosi amatalenta egolide
a ikulu namashumi amabili, namaka
amaningi, namatye a igugu: e ngeko
nakanye amaka a njenga lawo a nikwa
uSolomona inkosikazi ya seSheba.
10 Nezinceku zika Huramu, nezika
Solomona, e za buya negolide eOfiri, za
leta imiti yealgume namatye a igugu.
11 Inkosi yenza ngayo imiti yealgu-
me, izindawo zokunyatela zendhlu ka
Jehova, nasesigodhlweni senkosi, nezi-
ngumbu zabagwabayo: a kwa bonakala
nakanye okunjalo ezweni lakwa Juda.
12 Inkosi uSolomona wa i nika inkosi-
kazi ya seSheba konke e ku funayo, ne
ku celileyo, kanye nako a e ku letele
inkosi. Ya pendukake, ya buyela ezwe-
ni layo, yona nezinceku zayo.
13 Isikalo segolide ela fika kuSolomo-
na ngomnyaka munye, sa si ngamatale-

nta egolide a ngamakulu a isitupa na-
mashumi a isitupa nesitupa;
14 Ngapandhle kwa loko okwa letwa
abatengi nabatengisi. Namakosi onke
a seArabia, nezikulu zezwe za leta isili-
va negolide kuSolomona.
15 Inkosi uSolomona yenza izihlangu
ezi ngamakulu amabili ngegolide eli ka-
ndiweyo: amashekeli a ngamakulu a
isitupa egolide elikandiweyo kuso esinye
isihlangu njalo.
16 Wenza futi amahau ngamakulu
amatatu egolide elikandiweyo: ama-
shekeli a ngamakulu amatatu kulo eli-
nye ihau. Inkosi ya wa beka endhlini
yehlati la seLebanoni.
17 Futi inkosi yenza isihlalo sobukosi
esikulu ngezimpondo zendhlovu ya si
nameka ngegolide elihle.
18 Kwa ku kona izindhlela ezi isitupa
kuso isihlalo, nendawo yezinyawo yego-
lide, e ya hlanganiswa nesihlalo, nezise-
kelo ngalapa na ngalapa kwendawo yo-
kuhlala, namabubesi amabili emi nga
kuzo izisekelo:
19 Kwema amabubesi a ishumi na-
mbili ngalapa na ngalapa pezu kwezi-
ndhlela ezi isitupa. Ku ngeko okunja-
lo kuyo yonke imibuso.
20 Nazo zonke izitya zokupuza ze-
nkosi uSolomona, za zi nge zegolide, na-
zo zonke izitya zendhlu yehlati la se-
Lebanoni za zi igolide elihle; ku ngeko
ezesiliva, la li nge into ya luto ezinsu-
kwini zika Solomona.
21 Ngokuba imikumbi yenkosi ya ya
eTarshishi kanye nezinceku zika Hura-
mu, njalo ngeminyaka emitatu i fika
imikumbu yeTarshishi i leta igolide,
nesiliva, nezimpondo zenhlovu nezi-
mfene, nezinyoni, zezulu.
22 Inkosi uSolomona wa wa dhlula
onke amakosi omhlaba ngengcebo, na-
ngokwazi.
23 Onke amakosi omhlaba a m funa
uSolomona, ukuzwa ukwazi kwake, oku
bekwe uTixo enhliziyweni yake.
24 Ilowo wa leta isipo sake, izitya ze-
siliva, nezitya zegolide, nezingubo, na-
maka, namahashi, nezimbongolo, njalo
ngomnyaka ngomnyaka.
25 uSolomona wa e nezindawo zama-
hashi nezinewele ezi izinkulungwane
ezine, nabamahashi aba izinkulungwane
ezi ishumi nambili; a ba bekayo emi-
zini yezinewele, na kuyo inkosi eJeru-
salema.
26 Wa wa busa onke amakosi kwa suka
emfuleni, kwa ze kwa fika ezweni lama-
Filisti, na sosebeni lwEgipite.
27 Inkosi yenza isiliva eJerusalema
la njengamatye, nemiti yesedare wa
yenza ya njengemitombo yesigodi ngo-
buningi.
28 NabasEgipite ba letela uSolomona
amahashi, nabezizwe zonke.
29 Manjeke izenzo zika Solomona,
ezakuqala nezokugcina, a zi lotyiwe ini
encwadini ka Natani umprofeti, na ku-
ko ukutyo kuka Ahija umShiloni, na
kuzo iziboniso zika Iddo o wa e pambene
noJeroboamu indodana ka Nebati na?
30 uSolomona wa busa pezu kwaba-
Israeli eJerusalema iminyaka e ngama-
shumi amane.
31 uSolomona wa lala nokoko bake, wa-
mbelwa emzini ka Davida uyise uReho-
boamu indodana yake ya busa esiku-
ndhleni sake.

## ISAHLUKO 10.

UREHOBOAMU wa ya eShekemi ngo-
kuba abaIsraeli bonke beza eShe-
kemi ukumenza a be inkosi
2 Kwa ti lapo uJeroboamu indodana
ka Nebati, o wa e sEgipite, lapo wa e
balekele uSolomona kona, wa ku zwa
loko, uJeroboamu wesuka wa puma Egi-
pite.
3 Ba tuma ba m biza. Ngako uJero-
boamu nabaIsraeli bonke, ba fika ba
kuluma kuRehoboamu, be ti,
4 Uyihlo wa lenza ijokwe letu li be lu-
kuni; manjeke si pumuze ingcosana emi-
twalweni ika yihlo, nejokwe lake eli
lukuni a e li beke kitina, nati so ku
konza wena.
5 Wa ti yena kubona, Buyani ni fike
kimina ngasemva kwezinsuku ezintatu.
Ba hambake abantu.
6 Inkosi uRehoboamu ya kulumake
namadoda amadala a emi ngapambi ku-
ka Solomona uyise e sa pila yena, e ti,
Ni ngi siza nganike ngempendulo e ngi
ya ku pendula laba bantu ngayo na?
7 Ba kuluma kuyena, ba ti, Uma u ba
nomusa kulaba bantu, u ba jabulise,
u kuluma amazwi amahle kubona, ba
ya kuba izinceku zako njalo njalo.
8 Kodwa aka ba lalelanga abantu aba-
dala, wa kuluma nezinsizwa eza kula
kanye naye, e zema ngapambi kwake.
9 Wa ti kubona, ni yi yalezani ninake
impendulo kulaba bantu, aba kulumi-
leyo kimina, be ti, yenza li be lula ijokwe
ela bekwa pezu kwetu nguyihlo na?

10 Izinsizwa eza kula naye za kuluma kuye za ti, u ya kubapendula, u ti, Ubaba wa lenza nzima ijokwe letu, kodwa lenzeni li be lula nina; u ya kuti kubona, Ucikicane wami u ya kuba mkulu ku nokalo luka baba.

11 Ngokuba ubaba wa beka ijokwe elilukuni pezu kwenu, mina ngi ya kwandisela lona; ubaba wa ni tyaya ngezampokwe, kodwa mina ngo ni tyaya ngofezela.

12 Ngako uJeroboamu nabantu bonke ba fika kuRehoboamu ngosuku lwesitatu, njengokutyo kwenkosi, i ti, fika futi kimina ngosuku lwesitatu.

13 Inkosi ya ba pendula ka lukuni; nenkosi uRehoboamu a i lalelanga inkulumo yamadoda amadala.

14 Wa ba pendula ngokuyaleza kwezinsizwa, wa ti, Ubaba wa lenza nzima ijoka lenu, kodwa mina ngi ya kwandisa ku loko; ubaba wa ni tyaya ngezampokwe, mina ngo ni tyaya ngofezela.

15 Inkosike a i ba lalelanga abantu: ngokuba kwa ku ngokuka Tixo, ukuze uJehova a gcwalisele izwi lake, a li kulumileyo ngesandhla sika Ahija umShiloni kuJeroboamu indodana ka Nebati.

16 Lapo abakwa Israeli bonke ba bona ukuba inkosi a i ba laleli ba i pendula, ba ti, Si nantoni kuDavida na? a si nalo ifa kuyo indodana ka Jese: i lowo endhlini yake, o Israeli: manjeke Davida, zi bhekele eyako indhlu. Ba hambake bonke aba kwa Israeli ezindhlini zabo.

17 Kodwa uRehoboamu wa ba busa abantwana bakwa Israeli a ba be hlezi emizini ya seJuda.

18 Inkosi uRehoboamu ya m tuma u Hadoramu o wa e ngumpati wefa; na bakwaIsraeli ba m gxoba ngamatye, wa fa. Kodwa inkosi uRehoboamu ya ngena masinyane encweleni yayo, ya balekela eJerusalema.

19 Aba ka Israeli ba pambana nendhlu ka Davida, ku ze ku be namhla nje.

## ISAHLUKO 11.

UREHOBOAMU e se fikile eJerusalema, wa buta amadoda a ketiweyo a izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishiyagalombili kwa bendhlu ka Juda noBenjamini, amaqawe, ukuhlasela abaka Israeli, ukuze a wu buyisele futi umbuso kuRehoboamu.

2 Kodwa izwi lika Jehova la fika kuShemaia umuntu ka Tixo, li ti.

3 Kuluma kuRehoboamu indodana ka Solomona, inkosi ya kwa Juda, nakubo aba ka Israeli bonke nabakwa Juda noBenjamini, u ti,

4 U tyo uJehova, a ni yi ku kupuka, ni hlasele abafo benu; buyelani nonke ezindhlini'zenu; ngokuba loku kwenziwa imina. Nabo ba wa lalela amazwi ka Jehova, ba penduka ekuhlaseleni uJeroboamu.

5 uRehoboamu wa hlala eJerusalema, waka imizi e izinqaba eJuda.

6 Waka iBetlehema neEtamu, neTekoa,

7 NeBetzuri, neShoko, neAdulamu,

8 NeGati, neMaresha, neZifi,

9 NeAdoraimi, neLakisha, neAzeka,

10 NeZora, noAjaloni, neHebroni, imizi e seJuda naseBenjamini ebiyiweyo,

11 Wa zi qinisa izinqaba, wa beka izinduna kona, nokudhla, namafuta newaini.

12 Na komunye njalo umuzi wa beka izihlangu nemikonto, wa i qinisa kakulu, e melwa uJuda noBenjamini.

13 Nabapristi namaLevi a kulo lonke izwe la kwa Israeli a fika kuye e puma kulo lonke izwe labo.

14 AmaLevi a shiya imizi yawo, nemfuyo yawo, a fika eJuda neJerusalema; ngokuba uJeroboamu namadodana ake a ba yekisa emsebenzini wabo wabapristi kuJehova:

15 Wa zi misela abapristi ezindaweni ezinkulu, na pezu kwamademoni, na pezu kwamankonyana a wenzileyo.

16 Ngasemva kwabo, bona abanhliziyo zabo zi funa uJehova, uTixo wa kwa Israeli, ba puma ezizweni za kwaIsraeli, be za eJerusalema ukwenzela uJehova uTixo wa kwa Israeli umhlabelo.

17 Ba wu qinisake umbuso ka Juda, benza uRehoboamu indodana ka Solomona a be namandhla, iminyaka emitatu; ba hamba ngendhlela ka Davida noSolomona, iminyaka emitatu.

18 uRehoboamu wa zi tatela uMahalati indodakazi ka Jerimote indodana ka Davida i be umkake, noAbihaili indodakazi ka Eliabi indodana ka Jese;

19 Ba m zalela abantwana; uJushi, noShamaria, noZahamu.

20 Ngasemva kwake wa tata uMaka indodakazi ka Absalomu, wa m zalela uAbija, noAttai, noZiza, noShelomiti.

21 uRehoboamu wa tanda uMaka indodakazi ka Absalomu pezu kwabo bonke abafazi bake nezincinza zake:

(ngokuba wa tata abafazi aba ishumi
nesishiyagalombili, nezincinza ezi nga-
mashumi a isitupa; wa zala amadodana
a ngamashumi amabili nesishiyagalo-
mbili, namadodakazi a ngamashumi a
isitupa.)
22 uRehoboamu wa menza uAbija
indodana ka Maka a be induna, a buse
abafo wabo; ngokuba wa cabanga uku-
menza inkosi.
23 Wenza ngokuqonda, wa hlakaza
abantwana bonke bake kuzo zonke izi-
zwe zakwa Juda noBenjamini, emizini
yonke ebiyiweyo; wa ba nika ukudhla
okuningi. Wa fisa futi abafazi abaningi.

## ISAHLUKO 12.

KWA ti lapo uRehoboamu e wu mi-
sile umbuso, e se zi qinisile naye,
wa wu dela umteto ka Jehova, nabaIsra-
eli bonke kanye naye.
2 Kwa ti, ngomnyaka wesihlanu we-
nkosi uRehoboamu, uShishaki inkosi
ya sEgipite wa vukela iJerusalema, ngo-
kuba be wa pulile umteto ka Jehova,
3 Wa fika nezincwele ezi ngamakulu
a ishumi nambili, nabamahashi be izi-
nkulungwane ezi ngamashumi a isitupa:
nabantu ba be nge balwe aba puma naye
Egipite, amaLubimi, namaSukimi, na-
ba seEtiopia.
4 Wa i tata imizi ebiyiweyo yakwa
Juda, wa fika eJerusalema.
5 Wa fika uShemaia umprofeti kuRe-
hoboamu, nakuwo amakosi akwa Juda,
a ba be butene eJerusalema ngenxa ka
Shishaki, wa ti kubona, U ti uJehova, ni
ngi delile mina, ngakoke ngi ni shiyile
esandhleni sika Shishaki.
6 Ngakoke amakosi akwa Israeli ne-
nkosi ba zi tobisa; ba ti, uJehova u lu-
ngile.
7 Na lapo uJehova e bona ukuba ba
ya zitobisa, izwi lika Jehova la fika ku-
Shemaia, li ti, Ba zitobisile bona; ngako
a ngi yi ku ba qeda, kodwa ngi ya kuba-
siza; nolaka lwami a lu yi ku teleka
pezu kweJerusalema ngesandhla sika
Shishaki.
8 Noko ba ya kuba izinceku zake
ukuze ba wazi owami umsebenzi, no-
msebenzi wemibuso yezizwe.
9 Njaloke uShishaki inkosi ya seEgi-
pite ya li fikela iJerusalema, wa mukisa
amagugu endhlu ka Jehova, namagugu
endhlu yenkosi; wa tata konke; wa
mukisa futi izihlangu zegolide e za ze-
nziwe uSolomona.
10 Endaweni lapo inkosi uRehoboamu
wa zenza kona izihlangu zetusi, wa zi
nikela esandhleni senduna yabalindi,
e ya i linda umnyango wendhlu yenkosi.
11 Lapo inkosi ya ngena endhlini ka
Jehova, umlindi weza wa zi tata, wa zi
buyisela futi ekamelweni lomlindi.
12 Na lapo e zitobisa, ulaka luka Je-
hova lwa buya, ukuba lu nga m qedi ne-
mpela; naseJuda kwa hlaliwa kahle.
13 uRehoboamu inkosi wa zi qinisake
eJerusalema, wa busa; ngokuba uReho-
boamu wa e neminyaka e ngamashumi
amane nanye ekuqaleni kwake ukubu-
sa, wa busa eJerusalema iminyaka e
ishumi nesikombisa, umuzi o ketwe
nguJehova kuzo zonke izizwe zakwa
Israeli, ukubeka kona igama lake. Iga-
ma lika nina la li uNama wamaAm-
moni.
14 Wenza okubi, ngokuba a ka i lu-
ngisanga inhliziyo yake ukufuna uJe-
hova.
15 Manjeke izenzo zika Rehoboamu,
ezakuqala, nezokugcina, a zi lotyiwe
encwadini ka Shemaia umprofeti, ne
ka Iddo? uRehoboamu noJeroboamu
ba be lwa njalo:
16 uRehoboamu wa lala nokoko bake,
wambelwa emzini ka Davida: uAbija
indodana yake wa busa endaweni yake.

## ISAHLUKO 13.

WA qala uAbija ukubusa pezu kwe-
Juda ngomnyaka weshumi nesishi-
yagalombili ka Jeroboamu.
2 Wa busa iminyaka emitatu eJerusa-
lema, Igama lika nina la li ngu Mikaia
indodakazi ka Urieli wa seGibea. Kwa
ba kona ukuxabana kuAbija noJero-
boamu.
3 uAbija wa i lungisela ukulwa impi
yake yamaqawe, amadoda a ketiweyo a
izinkulungwane ezi ngamakulu amane:
noJeroboamu wa lungisa e yake ngama-
doda aketiweyo a izinkulungwane ezi
ngamakulu a isishiyagalombili, e nga-
maqawe nempela.
4 uAbija wema pezu kwentatyana iZe-
maraimi, e sentabeni Efraimi, wa ti,
Yizwani mina, wena Jeroboamu naba-
Israeli bonke;
5 Imbala ka nazi ukuba uJehova
uTixo ka Israeli wa nika uDavida
umbuso pezu kwabaIsraeli ku ze ku be
pakade na? kuyena namadodana ake
ngesivumelwano sika saoti na?
6 Noko uJeroboamu indodana ka Ne-

bati, inceku ka Solomona indodana ka
Davida, i vukile, ya hlubuka inkosi yake.
7 Ku butene kuyena amadoda a zi-
dhlayo, abantwana baka Beliali, ba lu-
ngisela ukuhlasela uRehoboamu indo-
dana ka Solomona, uRehoboamu e se mu-
tya inhliziyo i tambile, e nge nakuzi-
vikela.
8 Na manje ni funa ukukipa umbuso
ka Jehova esandhleni samadodana ka
Davida; ni ba ningi kakulu nina, ku
kona kanye nani amankonyana egolide,
e nenzelwa wona uJeroboamu a be izi-
tixo zenu.
9 A ni ba kipanga abapristi baka Je-
hova, amadodana ka Aroni, namaLevi,
na zenzela abapristi njengendhlela ye-
zinye izizwe, ku ti lowo o fikayo uku-
konza e pete inkatyana nezinqama ezi
isikombisa, lowo mhlaumbe a nga ba
umpristi kubo a ba nge izo izitixo.
10 Kodwa uJehova u nguTixo wetu,
a si m delanga; nabapristi aba kuluma
kuJehova, ba ngamadodana ka Aroni,
namaLevi a namatela kwe yabo imi-
sebenzi:
11 Ba tyisela uJehova kusasa na ku-
sihlwa njalo imihlabelo nempepo emna-
ndi: nesinkwa sesibonakaliso ba si lu-
ngisela pezu kwetebula elihle; noti
lwekandelo legolide namalampe, uku-
kanyisa kusihlwa njalo; ngokuba si ya
si lalela isiyalezo sika Jehova uTixo
wetu: kodwa nina ni m delile.
12 Futi, bheka, uTixo u kitina a be
induna yetu, nabapristi bake be pete
amatilongo uku ni vutelela. O bantwa-
na baka Israeli, ni ngalwi noJehova
uTixo wa oyihlo benu; ngokuba a ni i
kwahlula.
13 Kodwa uJeroboamu wa ba bacisa
abanye ngasemva kwabo: bona be nga-
pambili kweJuda, nabacatyileyo be nga-
semuva.
14 Lapo uJuda e bheka ngasemuva,
bheka, impi ya i ba haqile; ba kala ku-
Jehova, nabapristi ba beta amatilongo.
15 Ba memezake aba kwa Juda: lapo
be memezayo, kwa ti, uTixo wa m tyaya
uJeroboamu nabaIsraeli bonke ngapa-
mbi kuka Abija noJuda.
16 AbakwaIsraeli ba li balekela iJu-
da: noTixo wa ba nikela ezandhleni
zabo.
17 uAbija nabantu bake wa ba bulala
ngokubagwaza okukulu: a fa amadoda
aketiweyo akwa Israeli a izinkulungwa-
ne ezi ngamakulu a isihlanu.
18 Njaloke abantwana baka Israeli ba
hlulwa ngalesosikati, nabakwaJuda ba
nqoba, ngokuba betemba kuJehova uTi-
xo wa oyise babo.
19 uAbija wa m landela uJeroboamu,
wa tata imizi kuyena, iBeteli nemizana
ya kona neJeshana nemizana ya kona,
neEfroni nemizana ya kona.
20 uJeroboamu a ka banga namandhla
ezinsukwini zika Abija: uJehova wa m
tyaya, wa fa.
21 Kodwa uAbija wanda wa nama-
ndhla, wa tata abafazi aba ishumi nane,
wa zala amadodana a ngamashumi ama-
bili nambili, namadodakazi a ishumi
nesitupa.
22 Nezinye izenzo zika Abija, nezi-
ndhlela zake, nezityo zake, zi lotyiwe
endabeni yomprofeti uIddo.

## ISAHLUKO 14.

NJALOKE uAbija wa lala nokoko ba-
ke, ba mbela emzini ka Davida; no-
Asa indodana yake wa busa endaweni
yake. Ezinsukwini zake izwe la tula
iminyaka e ishumi.
2 uAsa wenza okuhle nokulungileyo
emehlweni ka Jehova uTixo wake:
3 Ngokuba wa wa susa amalati ezitixo
ezingaziwayo, nezindawo ezipezulu, wa
bidhliza izitombe, wa gaula amahlati.
4 Wa yaleza uJuda ukuba a fune uJe-
hova uTixo wa oyise babo, noku wenza
umteto nesiyalezo.
5 Wa susa futi emizini ya seJuda izi-
ndawo ezipakamileyo nezitombe: no-
mbuso wa tula ngapambi kwake.
6 Waka imizi ebiyiweyo eJuda: ngo-
kuba izwe la pumula, ku ngeko ukulwa
nga leyo minyaka; ngokuba uJehova
wa m nika ukupumula.
7 Wa ti kulo iJuda, ma si yake lemizi,
si zi haqe ngezindonga, nezinqaba, na-
masango, nezinsika, izwe li se ngapambi
kwetu; ngokuba si m funile uJehova
uTixo wetu, si m funile, naye u si pile
ukupumula, endaweni yonke. Ngakoke
baka ba busiswa.
8 uAsa wa e nempi yamadoda a twala
amahau, nemikonto, e puma nawo eJuda
e izinkulungwane e zingamakulu ama-
tatu; naseBenjamini, a ba twala izihla-
ngu be tyaya ngemicibityelo, izinkulu-
ngwane ezi ngamakulu amabili nama-
shumi a isishiyagalombili; bonke laba
ba be ngamaqawe nempela.
9 Ba fikelwa uZera wa seEtiopia e
nesixuku sezinkulungwane ezi inku-

lungwane, nezincwele ezi ngamakulu
amatatu; wa fika e Maresha.
10 uAsa wa m pumela, wa misa impi
yake esigodini sa seZefatha eMaresha.
11 uAsa wa kala kuJehova uTixo
wake, wa ti, Jehova ku ize kuwena
ukusiza, noma kwabaningi noma kwa-
bangenamandhla: si size, o Jehova
Tixo wetu; ngokuba se temba kuwena,
na ngegama lako si hambela lesi sixuku.
o Jehova wena u nguTixo wetu; ma u
nga hlulwa abantu wena.
12 Ngakoke uJehova wa ba tyaya aba
seEtiopia ngapambi kuka Asa, na nga-
pambi kuka Juda; naba seEtiopia ba
baleka.
13 uAsa nabantu a ba be naye ba ba
landela eGerari: ba hlulwa, be nga se
naku zivusa; ngokuba ba qedwa nga-
pambi kuka Jehova; na ngapambi kwe-
sixuku sake; ba muka nempango eni-
ngi kakulu.
14 Ba bulala yonke imizi e nga se-
Gerari; ngokuba ba fikelwa ukwesaba
kuka Jehova; ba i bidhliza yonke imi-
zi; ngokuba kwa ku kona impango
eningi kakulu kuyona.
15 Ba bulala futi izibaya zezinkomo,
ba muka nezininingi izimvu namakamelo,
ba buyela eJerusalema.

## ISAHLUKO 15.

UMOYA ka Tixo wa fika pezu kuka
Azaria indodana ka Odede:
2 Wa puma ukuhlangana noAsa, wa
ti kuyena, Yizwa mina Asa, nalo lonke
iJuda neBenjamini; uJehova u kinini,
lapo nani ni kona kuyena; uma ni
m funa, ni ya kumfumana, kodwa uma
ni m dela nani, u ya ku ni dela.
3 Kade be hlezi aba kwa Israeli be
nge naye uTixo weqiniso, engeko no-
mpristi ofundisayo, u ngeko nomteto.
4 Kodwa lapo be hlupeka ba pendu-
kela uJehova uTixo ka Israeli, ba m
funa, ba m tola.
5 Ngalezozikati kwa ku ngeko uku-
pumula kuye opumayo, na kuye o nge-
nayo, kwa ku kona izinhlupeko ezinku-
lu kubo bonke abezizwe.
6 Isizwe sa bulawa isizwe, nomuzi
ngomuzi: ngokuba uTixo wa ba hlupa
ngezinhlupeko zonke.
7 Yibani namandhlake, izandhla zenu
zi nga bi butakataka: ngokuba umse-
benzi wenu u ya kubuyiswa.
8 Lapo uAsa e wa zwile lawa mazwi,
nokutyo kuka Odede umprofeti, wema
isibindi, wa susa zonke izitombe ezi
ihlazo ezweni lonke lakwa Juda no-
Benjamini, nasemizini a i tatileyo enta-
beni iEfraimi, wa buyisa ilati lika Je-
hova, e la li ngapambi kwendhlu ka
Jehova.
9 Wa buta bonke abakwaJuda no
Benjamini, nabezizwe zakwa Efraimi
noManasa, nezakwa Simeoni: ngokuba
ba zileta kuyena ngobuningi be puma
eIsraeli, lapo be bona ukuba uJehova
uTixo wake, u naye.
10 Ba butanake eJerusalema ngenya-
nga yobutatu, ngomnyaka wokubusa
kuka Asa o weshumi nesihlanu.
11 Ba nikela kuJehova nga leso sikati,
impango a ba be i letile, izinkabi ezi
ngamakulu a isikombisa, nezimvu ezi
izinkulungwane ezi isikombisa.
12 Benza isivumelwana, ukumfuna
uJehova uTixo wa oyise babo ngenhli-
ziyo yonke yabo nangomoya wonke
wabo.
13 Naye o nga m funiyo uJehova
uTixo ka Israeli, a bujiswe, noma e
mcane, noma e mkulu, noma indoda,
noma umfazi.
14 Ba funga kuJehova ngezwi elikulu,
ngokumemeza na ngamatilongo.
15 Nalo lonke iJuda la jabula ngesi-
fungo leso; ngokuba ba funga ngenhli-
ziyo yonke yabo, be m funa ngokufisa
konke kwabo; naye wa tolakala ku-
bona; noJehova wa ba nika ukupumula
ku leyo ndawo.
16 Wa m susa ebunkosikazini uMaka
unina ka Asa inkosi, ngokuba yena we-
nza isitombe ehlatini: noAsa wa si bu-
lala isitombe leso, wa si gxoba, wa si
tyisa ngasemfuleni iKidroni.
17 Kodwa izindawo ezipakamileyo a
zi suswanga eIsraeli: noko inhliziyo ka
Asa ya i pelele ngazo zonke izinsuku
zake.
18 Wa leta endhlini ka Tixo izinto e za
zi piwe uYise, ne za piwa uyena, isiliva,
negolide, nezitya.
19 Ukulwa a kwa biko kwa za kwa
fika emnyakeni e ngamashumi amatatu
nesihlanu wokubusa kuka Asa.

## ISAHLUKO 16.

NGOMNYAKA wamashumi amatatu
nesitupa wokubusa kuka Asa, uBa-
sha inkosi yakwa Israeli, wa hlasela
uJuda, waka iRama, ukuvimbela, bonke
abapumayo naba ngenayo kuAsa inkosi
ya kwa Juda.

2 uAsa wa kipa isiliva negolide ku-
wo amagugu endhlu ka Jehova neye-
nkosi, wa li tumela kuBenhadadi inko-
si ya seSiria, e ya i hlezi eDamaseku,
e ti,
3 Ku kona isivumelwano kuwena na-
mi, njengaloku sa si kona kubaba na ku
yihlo: bheka ngi ku tumele isiliva nego-
lide; hamba, wapule isivumelwano sako
noBasha inkosi ya kwa Israeli, ukuze a
suke kimina.
4 uBenhadadi wa m lalela uAsa inkosi,
wa tumela izinduna zempi yake emizini
ya kwa Israeli; za bulala iIjoni, neDani,
neAbel-maimi, nayo yonke imizi yempa-
hla yakwa Naftali.
5 Kwa ti, e se ku zwile uBasha, wa
yeka ekwakeni kwake iRama, nomse-
benzi wake wa u yeka.
6 uAsa inkosi wa ba tatake bonke aba
kwa Juda; ba wa susa amatye aka
iRama, nemiti a e laka ngayo uBasha;
waka ngayo iGiba neMizpa.
7 Ngalesosikati wa fika uHanani umpro-
feti kuAsa inkosi yakwa Juda, wa ti ku-
yena, ngokuba u tembile enkosini ya se-
Siria, u ngetembanga kuJehova uTixo
wako, ngakoke isixuku senkosi ya seSiria
si si punyukile isandhla sako.
8 Ba be nge siso isixuku esikulu aba se
Etiopia naba seLubimi na? be nezi-
ncwele nabamahashi abaningi na? noko
ngokuba wetemba wena kuJehova, wa
ba nika esandhleni sako.
9 Ngokuba amehlo ka Jehova a zula
emhlabeni wonke, ukubonakalisa ama-
ndhla kubo aba nhliziyo yabo i pelele
nga kuyena. Ku lokuke u zenze isiula:
manje ko ba kona ukulwa njalo.
10 uAsa wa m tukutela umprofeti, wa
m valela endhlini yezibotywa; ngokuba
e m tukutelele lendaba, uAsa wa hlupa
abanye abantu futi nga lesi sikati.
11 Bheka, izenzo zika Asa zonke, zi
lotyiwe encwadini yamakosi akwa Juda
neIsraeli.
12 uAsa wa ba nesifo ezinyaweni za-
ke ngomnyaka wokubusa kwake wama-
shumi amatatu nesishiyagalombili, sa-
nda kakulu isifo sake; noko a ka m
funanga uJehova ekuguleni kwake, we-
temba izinyanga zodwa.
13 uAsa wa lala nokoko bake, wa fa
ngomnyaka wokubusa kwake wamashu-
mi amane nanye.
14 Ba m mbela kwa wake amatuna, a
e zenzele wona emzini ka Davida, ba m
beka embedeni o wa u gcwele amaka
a mnandi a lungiswe abenzi bemiti: ba
menzela ukutyisa okukulu.

## ISAHLUKO 17.

UJEHOSHAFATI indodana yake ya
busa endaweni yake, wa ziqinisela
ngamandhla kuIsraeli.
2 Wa misa amabuto ake kuyo yonke
imizi ebiyiweyo yakwaJuda, wa beka
nezinqaba kuyo, nasemizini ya seEfrai-
mi, e ya tatwa nguAsa uyise.
3 uJehova wa e naye uJehoshafati,
ngokuba wa hamba ngezindhlela za ku-
qala zika Davida uyise, e nga m funi
uBali;
4 Kodwa e funa uJehova uTixo ka
yise, wa hamba ngezimemezelo zake, e
nga landeli izenzo za kwa Israeli.
5 Ngako uJehova wa u qinisa umbuso
esandhleni sake; nabo bonke aba kwa
Juda ba leta izipo kuJehoshafati; wa ba
nemfuyo nodumo oluningi.
6 Inhliziyo yake ya pakanyiswa nge-
zindhlela zika Jehova: wa susa futi
izindawo ezi pakamileyo namahlati
eJuda.
7 Ngomnyaka wobutatu wokubusa
kwake, wa tumela ezinduneni zake, ku-
Ben-haile, na kuObadia, na kuZecharia,
nakuNetaneli, nakuMikaia, ukufundi-
sa emizini yakwa Juda.
8 Wa tuma nabo abaLevi, uShemaia,
noNethania, noZebadia, noAsaheli, no-
Shemiramote, noJehonatani, noAdonija;
kanye nabo, uElishama, noJehoramu,
abapristi.
9 Ba fundisa eJuda, be pete incwadi
yomteto ka Jehova, ba hamba kuyo yo-
nke imizi yakwa Juda, ba fundisa aba-
ntu.
10 Nokwesaba uJehova kwa ba pezu
kwayo yonke imibuso yezizwe zakwa
Juda, a ba lwanga noJehoshafati.
11 Abanye abaFilisti ba leta izipo ku-
Jehoshafati, isiliva lokutelisa; naba se-
Arabia ba m letela imihlambi yezimvu,
izinqama ezi izinkulungwane ezi isiko-
mbisa namakulu a isikombisa, nezimpo-
ngo ezi izinkulungwane ezi isikombisa
namakulu a isikombisa.
12 uJehoshafati wa kula ngamandhla;
waka izinqaba eJuda, nemizi yempahla.
13 Kwa kula imisebenzi yake emizini
yakwa Juda: namadoda okulwa, ama-
qawe, a e seJerusalema.
14 Ile imibalo yabo, ku tatelwa endhli-
ni ya oyise; kwa Juda, izinduna zezi-
nkulungwane, uAdna induna enkulu.

ku kona naye amaqawe a izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu.

15 Wa landelwa uJehohanani induna, ku kona kanye naye izinkulungwane ezi ngamakulu amabili namashumi a isishiyagalombili.

16 Yena wa landelwa uAmasia indodana kaZikri, o wa zi nika ngokutanda kuJehova; ku kona kanye naye amaqawe a izinkulungwane ezi ngamakulu amabili.

17 Na kuBenjamini; uEliada iqawe nempela, ku kona kanye naye aba hlome ngemicibityolo nezihlangu, izinkulungwane ezi ngamakulu amabili.

18 Wa landelwa uJehozabade ku kona kuyena a se be lungele impi aba izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishiyagalombili.

19 Laba ba hlala nga senkosini, ngapandhle kwabo labo aba bekwa inkosi emizini ebiyiweyo kulo lonke iJuda.

## ISAHLUKO 18.

UJEHOSHAFATI wa e nemfuyo eningi kakulu nodumo, wa zi hlanganyela noAhabi.

2 Na ngasemva kweminyaka wehlela kuAhabi eSamaria. uAhabi wa m hlabela izimvu nezinkabi eziningi, e hlabela nabantu aba be naye, wa m nxusa ukuba a kupuke naye baye eRamotgiladi.

3 uAhabi inkosi yakwa Israeli wa ti ku Jehoshafati inkosi yakwa Juda, U ya ku hamba nami siye eRamotgiladi na? Wa m pendula wa ti, Ngi njengawe mina, nabantu bami ba njenga bako; so ba kanye nawe empini.

4 uJehoshafati wa ti kuyo inkosi yakwa Israeli, Buza, ngi ya kuleka, egameni lika Jehova namuhla.

5 Inkosi yakwa Israeli ya butake abaprofeti aba ngamakulu amane, ya ti ku bona, Si ya kuya eRamotgiladi ukulwa na? kuhle ngi yeke na? Ba ti bona, kupuka; ngokuba uTixo u ya kulinikela esandhleni senkosi.

6 Kodwa uJehoshafati wa ti, a kako lapa umprofeti ka Jehova futi, si buze kuyena na?

7 Ya ti inkosi yakwa Israeli kuJehoshafati, u kona omunye umuntu, e si nga m buza ngaye uJehova; kodwa mina ngi ya m zonda; ngokuba a ka bonanga a ngi kulumele kahle, u ngenzela ububi njalo; u yena uMikaia indodana ka Imla. uJehoshafati wa ti, a i ngatyo njalo inkosi.

8 Inkosi yakwa Israeli ya biza enye induna yake, ya ti, m lete masinyane uMikaia indodana ka Imla.

9 Inkosi yakwa Israeli noJehoshafati inkosi yakwa Juda, ba hlala bo babili esihlalweni sake sobukosi, be gqoke izingubo zabo, ba hlala endaweni e ibala ngasekungeneni kwesango la seSamaria; nabaprofeti bonke ba kuluma ngapambi kwabo.

10 uZedekia indodana ka Kenana wa e zenzele izimpondo zensimbi, wa ti, U ti uJehova, nga lezi zimpondo u ya kulikapa iSiria li ze li qedwe.

11 Nabo bonke abaprofeti ba ti, kupukela e Ramotgiladi, u tokoze: ngokuba uJehova u ya kulinikela esandhleni senkosi.

12 No wa e ye kubiza uMikaia, wa ti kuyena, Bheka, amazwi onke abaprofeti a kuluma okuhle enkosini; nelakoke, ngi ya kuleka, ma li fane nelabo, u kulume okuhle.

13 Wa ti uMikaia, Ngokupila kuka Jehova; oku tyiwo uTixo wami, loko ngo ku kuluma.

14 Lapo e se fikile enkosini, ya ti inkosi kuyena, Mikaia, so kupuka si ye kulwa neRamotgiladi na, kuhle ngi yeke na? Wa pendula wa ti, kupuka u jabule, ba ya kunikelwa esandhleni sako.

15 Ya ti inkosi kuyena, Ngo ku tyela kangakanani ukuba u kulume iqiniso lodwa kimina egameni lika Jehova na?

16 Wa tike yena, Nga ba bona bonke abaIsraeli be hlakazekile ezintabeni, njengezimvu ezi nge namalusi; wa ti uJehova, laba a ba namninibo; ma ba buyele bonke ezindhlini zabo ngokutula.

17 Ya ti inkosi yakwa Israeli kuJehoshafati, A ngi ku tyelanga ukuba a ka yi ku ngi tyela okuhle, kodwa ububi na?

18 Wa ti futi, Yizwake izwi lika Jehova; Nga m bona uJehova e hlezi ebukosini bake, naso sonke isixuku sezulu si mi ngalapa na ngalapa.

19 Wa ti uJehova, uAhabi inkosi yakwa Israeli u ya kuyengwa ubani na? ukuba a kupuke a fe eRamotgiladi na? Nomunye wa kuluma ngokutile, nomunye ngokutile.

20 Kwa velake umoya, wema ngapambi kuka Jehova, wa ti, ngi ya ku m yenga mina. Wa ti uJehova kuye, Ngani na?

21 Wa ti wona, Ngi zo puma, ngi be umoya wamanga emilonyeni yabaprofeti bake bonke. Wa ti uJehova, U ya ku m yenga, u mahlule; hamba, wenze njalo.

22 Manjeke, bheka, uJehova u bekile umoya wamanga emilonyeni ya laba baprofeti bonke bako, noJehova u kulumile ububi ngawe.

23 Wa sondelake uZedekia indodana ka Kenana, wa m tyaya uMikaia esihlatini, wa ti, umoya ka Jehova u suke kimina nga ipi indhlela ukukuluma nawe na?

24 Wa ti uMikaia, bheka, u ya kubona nawe ngosuku o ya ku ngena ngalo ekamelweni ukuba u zitukuse kona.

25 Ya tike inkosi yakwa Israeli, M tateni uMikaia, ni m buyisele kuAmoni inkosi yomuzi, nakuJoashi indodana yenkosi;

26 Ni ti, I ti inkosi, fakani lomuntu etilongweni, ni m dhlise isinkwa senhlupeko, namanzi enhlupeko, ngi ze ngi buye ngokutula.

27 Wa ti uMikaia, uma nempela u buya ngokujabula, uJehova a ka kulumanga ngami. Wa ti, lalelani, nonke nina bantu.

28 Ngakoke inkosi yakwa Israeli, noJehoshafati inkosi yakwa Juda ba kupukela eRamotgiladi.

29 Ya ti inkosi yakwa Israeli kuJehoshafati, Mina ngo zifihla, ngi ye empini; kodwa wena gqoka izingubo zako. Njaloke inkosi yakwa Israeli ya zifihla; ba ya empini.

30 Inkosi ya seSiria ya i yalezile izinduna zezincwele e za zi nayo, ya ti, Ni nga lwi nabancane nabakulu, ni lwe nenkosi yakwaIsraeli kupela.

31 Kwa ti, lapo izinduna zezincwele zi m bona uJehoshafati, za ti, u inkosi yakwa Israeli, za m haqake ukulwa; kodwa uJehoshafati wa memeza, uJehova wa m siza; noTixo wa zi mukisa kuyena.

32 Kwa ti, lapo izinduna zezincwele se zi bonile ukuba a ku siyo inkosi yakwa Israeli, ba penduka a ba m landela.

33 Nomunye umuntu wa qandela wa vulela ngomcibityolo wake wa i tyaya inkosi yakwa Israeli emkatini yezihlangu zake; ya tike yona kumuntu wake wencwele, Pendula isandhla sako, ukuba u ngi kipe kulesi sixuku; ngokuba ngi limele.

34 Kwanda ukulwa ngalololusuku; kodwa inkosi yakwa Israeli ya ziqinisa encweleni yayo i bhekene naba seSiria, kwa ze kwa hlwa: kwa ti se li tyona ilanga ya fa.

## ISAHLUKO 19.

UJEHOSHAFATI inkosi yakwa Juda wa buyela endhlini yake eJerusalema, ngokutula.

2 uJehu indodana ka Hanani umprofeti wa puma ukuhlangana naye, wa ti kuyo inkosi uJehoshafati, ku lungile ukuba u size ababi, u tande abazonda uJehova na? Ngakoke ulaka luka Jehova lu pezu kwako.

3 Kodwa zi kona izinto ezilungileyo ezi tolwa kuwena, ngokuba wa wa susa amahlati ezweni, wa i lungisa nenhliziyo yako ukumfuna uTixo.

4 uJehoshafati wa hlala eJerusalema: wa puma futi wa ya kubantu eBeresheba nasentabeni iEfraimi, wa ba buyisela kuJehova uTixo wa oyise babo.

5 Wa misa abahluleli ezweni kuyo yonke imizi ebiyiweyo yakwa Juda, umuzi ngomuzi.

6 Wa ti kubona, hlakanipani kwe ni kwenzayo; ngokuba ka nahluleli abantu kodwa, uJehova, o nani ekwahluleni.

7 Manjeke ukwesaba uJehova ma ku be pezu kwenu; qondani ni kwenze; ngokuba a buko ububi kuJehova uTixo wetu, nokuketa abantu, nokwamkela izipo.

8 Futi uJehoshafati wa misa eJerusalema amaLevi, nabapristi, nezinduna za oyise baka Israeli, uku mahlulela uJehova, na lapo ku xatyanywa, ekubuyeni kwabo eJerusalema.

9 Wa ba yala, wa ti, Loku ni ya kukwenza ngokwesaba uJehova kahle, na ngenhliziyo e peleleyo.

10 Noma ku letwa icala kinina kubafo wenu emizini yabo, legazi ngegazi, nomteto nezimemezelo, imiteto neminqamulo, ni ya kuba yala ukuba ba ngeduki nga kuJehova, ulaka lu fikele nina, nabazalwane benu: yenzani loku, ni ngeduki.

11 Futi, bhekani, uAmaria induna yabapristi i pezu kwenu kuzo zonke izindaba zika Jehova; noZebadia indodana ka Ishmaeli, omkulu wendhlu ka Juda, a be ngapezu kwazo zonke izindaba zenkosi: namaLevi a be izinduna ngapambi kwenu. Yenzani ngesibindi, noJehova u ya kuba nabalungileyo.

## ISAHLUKO 20.

KWA ti ngasemva kwa loku futi, abantwana baka Moabi, naba kwa Amoni, nabanye be kanye naba kwa Amoni, ba fikela uJehoshafati ngempi.

2 Ba fika abanye ba tyela uJehoshafati, ba ti, u ya kufikelwa isixuku esikulu sa ngapambi kolwandhle nganeno kweSiria; futi, bheka, ba seHazazontama, eli seEngedi.

3 uJehoshafati wesaba, wa funa uJehova, wenza ukuzila ukudhla kulo lonke izwe lakwa Juda.

4 Nalo lonke la butana, ukucela ukusizwa kuJehova; ba puma kuyo yonke imizi ya seJuda ukumfuna uJehova.

5 uJehoshafati wema esixukwini sakwa Juda neJerusalema, endhlini ka Jehova, ngapambi kwesihonqo esitya.

6 Wa ti, O Jehova Tixo ka baba, a u busi ezulwini na? a u busi futi pezu kwemibuso yonke yabezizwe na? namandhla awako esandhleni sako na? ukuba u nge hlulwe muntu wena na?

7 A u siye uTixo wetu na? o wa xotya abantu ba lelizwe ngapambi kwabantu bako abaIsraeli na? wa li nika inzalo ka Abrahama isihlobo sako ku ze ku be pakade na?

8 Ba hlala kona, ba lakela kona igama lako indhlu, be ti.

9 Lapo si fikelwa ububi, njengenkemba, nokwahlulela, nenhlupeko, nendhlala, uma si ma ngapambi kwa lendhlu nangapambi kwako, (ngokuba igama lako li kulendhlu,) si kalele wena ezinhlupekweni zetu, u zweke wena, u size.

10 Manjeke, bheka, abantwana baka Amoni, noMoabi nabentaba iSira, o wala ukuba ba hlaselwe abaIsraeli, ekupumeni kwabo ezweni lasEgipite, kodwa ba penduka, a ba ba bulala.

11 Bhekake, ukuvuza kwabo, ba si fikela ukuba ba si kipe kulo ifa lako, o si nikileyo lona ukuba si li fuye.

12 O Tixo wetu, a ku yi ku bahlulela wena na? ngokuba a si namandhla ku lesi sixuku esikulu esi si fikelayo; ka si kwazi futi esi nga kwenzayo; amehlo etu kodwa a kuwe.

13 Bonke aba kwaJuda bema ngapambi kuka Jehova, nezingane zabo, nabafazi babo, nabantwana babo,

14 Wa fikake umoya ka Jehova pezu kuka Jabaziali, indodana ka Zekaria, indodana ka Benaia, indodana ka Jeieli, indodana ka Matania, umLevi wamadodana ka Asafa, ngapakati kwesixuku.

15 Wa ti, Yizwani, nina nonke bakwa Juda, nabaseJerusalema, nawe Jehosafati inkosi, U ti uJehova kinina, Ni nge sabi, ni tutumele ngenxa ya lesi sixuku esikulu; ngokuba impi e ka Jehova, a siyo e yenu.

16 Yehlani ni ye kubona ngomuso; bheka, ba kupuka ngaseweni lakwaZize; no ba tola ekugcineni komfulana, be bhekene nehlane lakwa Jerueli.

17 A ni yi ku dinga nokulwa kulempi; zilungiseni, ni me ni tule, ni bu bone ubungewele buka Jehova bu kini. O Juda neJerusalema; ni ngesabi ni tutumele; ba pumeleni ngomuso: ngokuba uJehova u ya kuba nani.

18 uJehoshafati wa kotama ngobuso emhlabatini: nabo bonke aba kwa Juda neJerusalema ba wa pambi kuka Jehova, be m dumisa.

19 AmaLevi kubantwana bamaKohati, na kubantwana bamaKorhi bema uku dumisa uJehova uTixo ka Israeli ngezwi elikulu pezulu.

20 Ba vuka ekuseni, ba ya ehlane la seTekoa; na lapo be hambayo uJehoshafati wema, wa ti, Yizwani mina, O Juda, naba seJerusalema; Kolwani kuJehova uTixo wenu, njaloke no qiniswa; kolwani abaprofeti bake, no busiswa.

21 Lapo e se kulumile nabantu, wa keta a ba ya kuhlabelela kuJehova, na ba ya kudumisa ubuhle obu ingewele, ekupumeni kwabo ngapambi kwempi, be ti, dumisani uJehova; ngokuba umusa wake u ma njalo.

22 Lapo be qala ukugwaba, nokudumisa, uJehova, wa misa izinhloli ngakubantwana baka Amoni, noMoabi, nabentaba iSira, a ba be pumele aba kwa Juda; nabo ba bulawa.

23 Ngokuba abantwana baka Amoni noMoabi ba hlasela abentaba iSira ukubaqeda nempela; nalapo se be ba qedile labo, balwa bodwa.

24 Lapo aba kwa Juda ba fika exibeni eli sehlane, ba si bheka isixuku, ba ba bona be izidumbu nje pansi, a kwa baleka namunye.

25 Lapo uJehoshafati nabantu bake ba fika uku tata impango, ba tola ingcebo eningi kuzo izidumbu, namagugu amahle a ba zi tatela wona, ba hlulwa uku zi mukisa zonke: ba ba nezinsuku ezintatu be buta impango, ngobuningi bayo.

26 Ngosuku lobune ba butana esigodini

sa seBeraka, ba dumisa kona uJehova; ngako igama la leyo ndawo la bizwa ngokuti, isigodi sa seBeraka, ku ze ku be namuhla nje.

27 Ba buyake bonke abakwa Juda neJerusalema, be landela uJehoshafati ba buyela eJerusalema ngokujabula; ngokuba uJehova wa ba jabulisa pezu kwezita zabo.

28 Ba fika eJerusalema endhlini ka Jehova be pete izingumbu, namatilongo.

29 Ukumesaba uTixo kwa ba pezu kwemibuso yonke ya lezo zizwe, lapo se be zwile ukuba uJehova u lwe nezita zika Israeli.

30 Ngakoke wonke umbuso ka Jehoshafati wa tula; ngokuba uTixo wake wa m nika ukupumula endaweni yonke.

31 uJehoshafati wa busa pezu kweJuda: wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nesihlanu e sa qala ukubusa, wa busa eJerusalema iminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu. Negama lika nina la li nguAzuba indodakazi ka Shilhi.

32 Wa hamba ngendhlela ka Asa uyise, a ka pambuka kuyona, enza okulungileyo emehlweni ka Jehova.

33 Kodwa izindawo ezi pakamileyo a zi suswanga; ngokuba abantu ba be nga ka zi lungisi izinhliziyo zabo kuTixo wa oyise.

34 Manjeke izenzo ezinye, zika Jehoshafati, zakuqala, ne zasemuva, bheka, zi lotyiwe encwadini ka Jehu indodana ka Hanani, okukulunywa ngaye encwadini yamakosi a kwa Israeli.

35 Ngasemva kwaloku uJehoshafati wa zihlanganisa noAhazia inkosi ya kwa Israeli, o wenza okubi kakulu;

36 Wa hlangana naye ukwenza imikumbi ukuya eTarshishi: ba yenza imikumbi eEziongaba.

37 uEliezari indodana ka Dodava wa seMaresha wa profeta ngoJehoshafati, wa ti, Ngokuba u zihlanganisile noAhazia, uJehova u yapulile imisebenzi yako. Nemikumbi ya pulwa, a ya ba namandhla ukuya eTarshishi.

## ISAHLUKO 21.

UJEHOSHAFATI wa lala nokoko bake, wambelwa nokoko bake emzini ka Davida. uJehoramu indodana yake wa busa endaweni yake.

2 Wa e nabafo, amadodana ka Jehoshafati, uAzaria, noJehieli, noZekaria, noAzaria, noMikaeli, noShefatia: bonke laba ba be amadodana ka Jehoshafati inkosi yakwa Israeli.

3 Uyise wa ba nika izipo ezikulu zesiliva, negolide, nezinto ezi igugu, nemizi ebiyiweyo eJuda; kodwa umbuso wa u nika uJehoramu, ngokuba wa e izibulo.

4 uJehoramu e se vukile embusweni ka yise, wa ziqinisa, wa bulala bonke abafo wabo ngenkemba, nabanye bezikulu zakwa Israeli.

5 uJehoramu wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nambili e sa qala ukubusa, wa busa eJerusalema iminyaka e isishiyagalombili.

6 Wa hamba ngendhlela yamakosi akwa Israeli, njengendhlu ka Ahabi ngokuba wa ganwa intombi ka Ahabi: wenza okubi emehlweni ka Jehova.

7 Kodwa uJehova a ka i bulalanga indhlu ka Davida, ngenxa yesivumelwano a senzileyo noDavida, nangokuvuma kwake uku nika ukukanya kuyena namadodana ake ku ze ku be pakade.

8 Ezinsukwini zake abakwaEdomi ba hlubuka embusweni ka Juda, ba zimisela inkosi.

9 uJehoramu wa pumake nezikulu zake, nazo zonke izincwele zake; wa ba vukela ngobusuku, wa ba tyaya abakwaEdomi a ba be m haqile, nezinduna zezincwele.

10 Ngakoke abakwaEdomi ba hlubuka esandhleni sikaJuda ku ze ku be namuhlanje. Na nga lesosikati iLibna la hlubuka esandhleni sake; ngokuba wa e m hlubukile uJehova uTixo wa oyise bake.

11 Wenza futi izindawo ezipakamileyo ezintabeni zakwa Juda, wa sindezela aba seJerusalema ukuba benze ubufebe, neJuda wa li sindezela futi.

12 Ya fika kuyena incwadi i vela kuElija umprofeti, i ti, U tyo uJehova uTixo ka Davida uyihlo, Ngokuba u nga hambanga ngezindhlela zika Jehoshafati uyihlo, na nge zika Asa inkosi yakwa Juda.

13 Kodwa u hambe ngezindhlela zamakosi akwa Israeli, wenza abaJuda na ba seJerusalema benza ubufebe, njengabo abendhlu ka Ahabi, u ba bulele futi abafo wenu bendhlu ka yihlo, a ba be ku dhlula wena ngokulunga:

14 Bheka, uJehova u ya ku tyaya abantu bako ngesifo esikulu, nabantwana bako, nabafazi bako, nayo yonke impahla yako:

15 Nawe u ya kugula kakulu ematu-
njini, a ze a pume ngenxa ya loko kugu-
la usuku ngosuku njalo.
16 Futi uJehova wa xukuza uJehora-
mu ngomoya wamaFilisti, no waba se-
Arabia, aba be seduze naba seEthiopia :
17 Ba fika eJuda, ba fohloza, ba muka
nako konke o kwa tolwa endhlini ye-
nkosi namadodana ayo futi, nabafazi
bayo ; a kwa sala ndodana kuyona,
uJehoahazi o ku uyena e mcane ku-
pela.
18 Ngasemva kwako konke loku, uJe-
hova wa m tyaya ematunjini ngesifo esi
nge poliswe.
19 Kwa ti, emva kwesikati, emva kwe-
minyaka emibili, a puma amatumbu ake
ngenxa yokugula kwake ; wa bulawa
izifo ezibuhlungu. Abantu bake a ba
tyisanga luto ngaye, njengokutyisela
kwabo oyise.
20 Wa qala ukubusa e neminyaka e
ngamashumi amatatu nambili, wa busa
eJerusalema iminyaka e isishiyagalo-
mbili, wa muka e nga fiswanga : Noko
ba m bela emzini ka Davida, kodwa ku
ngeko ematuneni amakosi.

## ISAHLUKO 22.

ABASEJERUSALEMA ba misa uAha-
zia indodana yake encane a be inkosi
endaweni yake : ngokuba isikwata sa-
madoda e sa fika ekamu kanye naba
seArabia ba be bulele bonke abadala
abafo. Ngakoke uAhazia indodana ka
Jehoramu wa busa.
2 uAhazia wa e neminyaka e ngama-
shumi amane nambili ekuqaleni koku-
busa kwake, wa busa umnyaka munye
eJerusalema. Igama lika nina la li ngu-
Atalia indodakazi ka Omri.
3 Naye wa hamba ngezindhlela ze-
ndhlu ka Ahabi : ngokuba wa tyelwa
unina ukwenza okubi.
4 Ngako wenza okubi emehlweni ka
Jehova njengendhlu ka Ahabi ; ngoku-
ba ba be ngabayalezi bake emva kokufa
kuka yise wa ze wa bujiswa yena.
5 Naye wa hamba ngokuyaleza kwa-
bo, wa hamba noJehoramu indodana ka
Ahabi inkosi yabaIsraeli ukulwa no-
Hazaeli inkosi ya seSiria eRamote-
giladi : naba seSiria ba m tyaya uJo-
ramu.
6 Wa buyela eJezreli ukwelatywa izi-
ngozi a zi nikwa eRama, lapo wa e
lwa noHazaeli inkosi ya seSiria. No-
Azaria indodana ka Jehoramu inkosi ya-
baJuda wehlela uku m bona uJehora-
mu indodana ka Ahabi eJezreli, ngoku-
ba e gula.
7 uTixo wa m bulala uAhazia ngenxa
yokufika kwake kuJoramu : ngokuba
ekufikeni kwake, wa pumela uJehu
indodana ka Nimshi kanye noJehora-
mu, a e m gcobile uJehova uku nquma
indhlu ka Ahabi.
8 Kwa ti lapo uJehu wa ahlulela pezu
kwendhlu ka Ahabi, wa tola izikulu za-
kwa Juda, namadodana abafo baka Aha-
zia, a e m konza uAhazia, wa ba bu-
lala.
9 Wa m funa uAhazia : ba m bamba,
(ngokuba wa e zitukusile eSamaria,) ba
m leta kuJehu : nalapo se be m bulele,
ba m mbela : Ngokuba ba ti, u indo-
dana ka Jehoshafati, o wa funa uJehova
ngenhliziyo yonke yake. Ngako indhlu
ka Ahazia ya i nge namandhla uku wu
gcina umbuso.
10 Kodwa lapo uAtalia unina ka Aha-
zia wa bona ukuba i file indodana yake,
wa vuka wa bulala yonke inzalo yobu-
kosi yendhlu ka Juda.
11 Kodwa uJehoshabate, indodakazi
yenkosi, ya m tata uJoashi, indodana ka
Ahazia, ya meba kuwo amadodana enko-
si a e bulawa, ya m beka kanye nomza-
nyana wake endhlini yokulala. Ngako
uJehoshabate, indodakazi yenkosi uJe-
horamu, umka Jehoida, (ngokuba wa e
ngudade wabo ka Ahazia, wa m tuku-
sela uAtalia, naye a ka m bulalanga.
12 Wa ba kanye nabo e tukusiwe
endhlini ka Tixo iminyaka e isitupa :
noAtalia wa li busa izwe.

## ISAHLUKO 23.

NGOMNYAKA wesikombisa uJehoida
wa ziqinisa, wa tata izinduna zama-
kulu zi be inhlangano naye, noAzaria
indodana ka Jehoramu noIshmaeli indo-
dana ka Jehohanani, noAzaria indodana
ka Obedi, noMaseia indodana ka Adaia,
noElishafati indodana ka Zikri.
2 Ba hambela eJuda, ba buta amaLe-
vi kuyo yonke imizi yakwa Juda, ne-
zinduna za oyise baka Israeli, ba fika eJe-
rusalema.
3 Naso sonke isixuku senza isivume-
lwano nenkosi endhlini ka Tixo. Naye
wa ti kubona, Bheka, indodana yenkosi
i ya kubusa, njengokutyo kuka Jehova
kumadodana ka Davida,
4 I lento e ni ya kuyenza ; inxenye
yenu yesitatu kubapristi namaLevi,

ekungeneni ngesabata, ni ya kuba abalindi beminyango:

5 Nenxenye yesitatu i ya kuba endhlini yenkosi; nenxenye yesitatu emnyango wesisekelo: nabantu bonke ba be sekungeneni kwendhlu ka Jehova.

6 Kodwa ku ngene abapristi bodwa endhlini ka Jehova, nabo aba sizayo bamaLevi; ba ya kungena bona, ngokuba ba ingcwele: kodwa bonke abantu ba be abalindi baka Jehova.

7 AmaLevi a ya kuhaqa inkosi, i lowo e pete izikali zake; noma ku ngena omunye endhlini, a bulawe; kodwa nina ma ni be nayo inkosi ekungeneni, nasekupumeni kwayo.

8 Ngako amaLevi nabo bonke ba kwa Juda benza njengaso sonke isiyalezo sika Jehoida umpristi, ba tata njalo abantu babo a ba ya kungena nabo ngesabata, nabo a ba ya kupuma ngesabata; ngokuba uJehoida umpristi a ka dedikanga ku lezo zindhlela.

9 Futi uJehoida umpristi wa nika izinduna zezikulu, imikonto, nezihlangu, e kwa ku nge zenkosi uDavida, e za zi sendhlini ka Tixo.

10 Wa ba misa bonke abantu, i lowo e pete izikali zake, ngalapa na ngalapa kwetempeli, eduze kwelati letempeli, na seduze kwenkosi.

11 Ba i kipake indodana yenkosi, ba i beka umqele, ba i nika umteto, ba yenza inkosi, uJehoida namadodana ake ba m gcoba, ba ti, uTixo ma ka i sindise inkosi.

12 Lapo uAtalia wa u zwa umsindo wabantu be gijima be dumisa inkosi, wa fika kubantu endhlini ka Jehova;

13 Wa buka, wa bona, inkosi i mi endaweni yayo ngasekungeneni, nezikulu, namatilongo eduze nenkosi: nabo bonke a bezwe be jabula, be beta amatilongo, nabagwabayo ngezingumbu zabo, abafundisiweyo ukugwaba udumiso, uAtalia wa dabula izingubo zake, wa ti, Inkohliso, Inkohliso.

14 uJehoida umpristi wa kipa izinduna zamakulu, e za zi misiwe pezu kwesixuku, wa ti kubona, M kipeni uAtalia, naye o m landelayo ma ka bulawe ngenkemba. Ngokuba wa ti umpristi, Ni nga m bulali endhlini ka Jehova.

15 Ba menzela indawo; lapo e se fikile ekungeneni komnyango wamahashi ngasendhlini yenkosi, ba m bulala kona.

16 uJehoida wenza isivumelwano, kubantu bonke, na kuyo inkosi, ukuba ba be ngabantu baka Jehova.

17 Abantu bonke ba ya endhlini ka Bali, ba yapula, bapula namalati nezitombe zake, ba bulala uMatani umpristi ka Bali ngapambi kwamalati.

18 uJehoida wa keta izinduna zendhlu ka Jehova ngesandhla sabapristi amaLevi, aba be hlukanisiwe nguDavida endhlini ka Jehova, ukutyisa imihlabelo ka Jehova, njengokulotyiweyo emtetweni ka Mosi, ngokujabula na ngokugwaba, njengokumisa kuka Davida.

19 Wa misa abalindi emnyango wendhlu ka Jehova, ukuze o ngcolileyo ngento a nga ngeni.

20 Wa zi tata izinduna zamakulu, nezikulu, nababusi babantu, nabantu bonke bezwe, behlisa inkosi i sendhlini ka Jehova; ba puma ngomnyango omkulu ba ngena endhlini yenkosi, ba i beka inkosi esihlalweni sobukosi sombuso.

21 Abantu bonke bezwe ba jabula; nomuzi wa tula, se be m bulele uAtalia ngenkemba.

## ISAHLUKO 24.

UJOASHI wa e neminyaka e isikombisa ekuqaleni kokubusa kwake, wa busa eJerusalema iminyaka e ngamashumi amane. Igama lika nina la li nguZibia wa seBeresheba.

2 uJoashi wenza okulungileyo emehlweni ka Jehova ngazo zonke izinsuku zika Jehoida umpristi.

3 uJehoida wa m tatela abafazi ababili; wa zala amadodana namadodakazi.

4 Kwa ti ngasemva kwa loku, uJoashi wa cabanga ukulungisa indhlu ka Jehova.

5 Wa buta abapristi namaLevi, wa ti ku bona, Pumani ni ye emizini yakwa Juda ni bute kubo bonke aba ka Israeli imali ukuilungisa indhlu ka Tixo wenu umnyaka ngomnyaka njalo, ni i tyetyise lendaba. Kodwa amaLevi ka a tyetyanga.

6 Inkosi ya m biza uJehoida induna, ya ti kuyena, A u wa sindezelanga ngani amaLevi uku i leta imali eJuda na seJerusalema na? njengesiyalezo sika Mosi inceku ka Jehova, nesixuku sa kwa Israeli, ku be okwetabanekele lobufakazi na?

7 Ngokuba amadodana ka Atalia, lowo mfazi omubi, a e yapulile indhlu ka Tixo; a m nika uBali zonke izinto ezi miselwe indhlu ka Jehova.

8 Ngesiyalezo senkosi, benza umpongolo, ba wu misa ngasekungeneni kwendhlu ka Jehova.

9 Benza isiyalezo eJuda naseJerusalema, ukuba ba lete kuJehova imali, e ya bekwa pezu kweIsraeli nguMosi inceku ka Tixo ehlane.

10 Nezikulu zonke, nabantu bonke ba jabula, ba leta, ba faka empongolweni, ba ze ba gcina.

11 Kwa ti lapo umpongolo u letwe endhlini yenkosi ngezandhla zamaLevi, na lapo be bona ukuba iningi imali, umlobi wenkosi nenduna yompristi omkulu, ba fika ba wu tulula umpongolo, ba wu tata, ba wu buyisela endaweni yawo. Benze njalo zonke izinsuku, ba buta imali eningi.

12 Inkosi noJehoida ba i nika kubo abenzi bemisebenzi yendhlu ka Jehova, ba kokela abaki, nababazi, uku i lungisa indhlu ka Jehova, nabenzi bensimbi netusi uku i lungisa indhlu ka Jehova.

13 Za sebenzake izisebenzi, za wu qeda umsebenzi, za i misa kahle indhlu ka Tixo, za i qinisa.

14 Lapo se be i qedile, ba i leta imali e selayo kuyo inkosi noJehoida, benza ngayo izitya zendhlu ka Jehova, izitya zokukonza nokunikela, nezinkezo, nezitya zegolide nesiliva. Ba nikela imihlabelo etyiswayo, endhlini ka Jehova njalo ngezinsuku zonke zika Jehoida.

15 Kodwa uJehoida wa guga, wa fa e nezinsuku ezininginingi; e neminyaka e ikulu namashumi amatatu ekufeni kwake.

16 Ba m mbela emzini ka Davida kanye namakosi, ngokuba wenza okulungileyo eIsraeli, kuTixo na kwa bendhlu yake.

17 Kwa ti emva kokufa kuka Jehoida kwa fika amakosi akwa Juda, a i konza inkosi. Nenkosi ya wa lalela.

18 Ba i shiya indhlu ka Jehova uTixo wa oyise babo, ba konza amahlati nezitombe: nolaka lwa li fikela iJuda neJerusalema, ngenxa ya loko kwenza kwabo.

19 Noko wa tuma abaprofeti kubona, ukubabuyisela kuJehova; ba ba fakazela, noko ka ba i nikanga indhlebe.

20 Umoya ka Tixo wa fika kuZekaria indodana ka Jehoida umpristi, wema ngapezu kwabantu, wa ti ku bona, U ti uTixo, Ni za pulelani izimemezelo zika Jehova, ukuze ni nga sizwa na? ngokuba ni m delile uJehova, naye u ni delile.

21 Ba menzela icebo, na ngokutyo kwenkosi ba m xoba ngamatye ngapambi kwendhlu ka Jehova.

22 uJoashi inkosi a ka kumbulanga umusa ka Jehoida uyise kuyena, kodwa wa bulala indodana yake, Na lapo e fa yena, wa ti, uJehova ma ka ku bone loku, a ku pindisele.

23 Kwa ti ekugcineni komnyaka, isixuku sa seSiria sa m fikela: ba fika kuJuda neJerusalema, ba bulala zonke izikulu zabantu kubantu, ba i tumela inkosi ya seDamaseku yonke impango yabo.

24 Ngokuba impi ya seSiria ya fika nabantu aba ingcosana, noJehova wa ba nikela isixuku esikulu kakulu, ngokuba ba be m delile uJehova uTixo wa oyise babo. Ngakoke ba mahlulela ngaloko uJoashi.

25 Lapo se be mukile kuyena (ngokuba ba m shiya e gula kakulu,) izinceku zake za m vukela, ngenxa yegazi lamadodana aka Jehoida umpristi, ba m bulalela embedeni wake wa fa: ba m ngqiba emzini ka Davida, kodwa ka ba m fakanga ematuneni amakosi.

26 I laba a ba m vukeleyo; uZabadi indodana ka Shimata umAmoni noJehozabada indodana ka Shimrite, wamaMoabi.

27 Manjeke ngamadodana ake, na ngobukulu bemitwalo yake, nokulungiswa kwendhlu ka Tixo, bheka ku lotyiwe endabeni yencwadi yamakosi. uAmazia indodana yake wa busa endaweni yake.

## ISAHLUKO 25.

UAMAZIA wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, wa busa eJerusalema iminyaka e ngamashumi amabili nesishiyagalolunye, negama lika nina la li nguJehoadani wa seJerusalema.

2 Naye wenza okulungileyo emehlweni ka Jehova, ku nge ngenhliziyo epeleleyo kodwa.

3 Kwa ti lapo umbuso u su miselwe yena, wa zi bulala izinceku zake e za zi bulele inkosi uyise.

4 Kodwa a ka ba bulala abantwana babo, kodwa wenza njengokulotyiweyo encwadini ka Mosi, ukuti, Abazali ka ba yi ku fela abantwana babo, nabantwana, oyise babo, kodwa ilowo a fele esake isono.

5 Futi uAmazia wa li buta iJuda, wa

benza izinduna zezinkulungwane, nezi-
nduna zamakulu, njengezindhlu za oyi-
se, kulo lonke iJuda neBenjamini; wa
ba bala ku suke eminyakeni e ngama-
shumi amabili na ngapezulu, wa bona
ukuba ba ngabaketiweyo aba izinku-
lungwane ezingamakulu amatatu, aba
namandhla ukuya empini, na ba nga
pata umkonto, nesihlangu.
6 Wa biza futi amaqawe kubaIsraeli a
izinkulungwane ezi ikulu, wa ba kokela
ngamatalenta a ikulu esiliva.
7 Kodwa kwa fika kuye umuntu ka
Tixo, e ti, O Nkosi, impi ya kwa Israeli
ma i nga hambi nawe; ngokuba uJe-
hova a kako kubo abaIsraeli, na kubo
bonke aba kwa Efraimi.
8 Kodwa uma u ya qinisela, hamba,
yiba namandhla empini: uTixo u ya
kukuwisa ngapambi kwesita; ngokuba
uTixo u namandhla ukusiza, noku wisa
pansi.
9 Wa ti uAmazia kumuntu ka Tixo,
Si ya kwenzanike ngenxa yamatalenta
lawo e nga wa nika impi yakwa Israeli
na? Wa pendula umuntu ka Tixo, wa
ti, uJehova u namandhla ukukunika
okuningi kakulu ku na loku.
10 uAmazia wa ba hlukanisa, nempi
e ya fika kuyena i vela eEfraimi, wa i
godusa, ngaloko ba tukutela kakulu
abakwaJuda, ba buyela ekaya be nola-
ka olukulu.
11 uAmazia wa ziqinisa, wa ba hola
abantu bake, wa ya esigodini sika saoti,
wa bulala aba kwa Sira izinkulungwane
ezi ishumi.
12 Nabasindileyo aba izinkulungwane
ezi ishumi, ba tatwa abakwaJuda be
izibotywa, ba ba yisa pezu kwetye, ba ba
ponsa pansi ba hlifizeka bonke.
13 Kodwa amabuto empi a wa buyi-
sa uAmazia, ukuba a nga hambi naye
ekulweni, a ziponsa pezu kwemizi ya-
kwa Juda, ku suka eSamaria kwa ze
kwa fika eBetihorani, ba bulala izinku-
lungwane ezintatu kubona, be tata impa-
ngo eningi.
14 Kwa ti lapo uAmazia e se buyile
ekubulaleni kwake aba seEdomi, wa
leta izitixo zabantwana baka Sira, wa zi
misa zi be izitixo zake, wa kotamela zo-
na, wa tyisa impepo kuzona.
15 Ulaka luka Jehova lwa m vukela
uAmazia, wa tuma umprofeti kuyena,
wa ti kuye, U zi funeleni izitixo zaba-
ntu, e za zi nge namandhla ukukulula
abantu bazo esandhleni sako na?
16 Kwa ti, lapo e sa kuluma nayo,
inkosi ya ti kuyena, Wenzelwe ukuku-
luma nenkosi wena na? Yeka; u nga
bulawelani wena na? Wa yekake
umprofeti, wa ti, ngi yazi ukuba uTixo
u qinisele uku ku bulala wena, ngokuba
u yenzile lento, u nga i lalelanga inku-
lumo yami.
17 Wa ceba icebo uAmazia inkosi yakwa
Juda, wa tumela kuJoashi, indodana ka
Jehoahazi, indodana ka Jehu, inkosi ya-
kwa Israeli, wa ti, Woza, ma si bonane
ngobuso.
18 uJoashi inkosi yakwa Israeli ya tu-
mela kuAmazia inkosi yakwa Juda.
wa ti, Umtolo wa seLebanoni wa tu-
ma kulo isedare e la li seLebanoni, wa
ti, nikela indodana yami intombi yako i
be umkako; kwa dhlula isilo e sa si se-
Lebanoni, sa nyatela pansi umtolo.
19 U ti wena, bheka, ngi ba bulele aba
kwaEdomi, nenhliziyo yako yenzela
ukuziqenya: hlala manje ekaya; ini
ukuba u zibulale, wena, naba kwa Juda
kanye nawe na?
20 Kodwa uAmazia a kezwanga; ngo-
kuba kwa vela kuTixo, ukuba a ba ni-
kele ezandhleni zezita zabo, ngokuba ba
funa izitixo zakwa Edomi.
21 Ngako uJoashi inkosi yakwa Israeli
wa kupuka; ba bonana ngobuso, yena
noAmazia inkosi yakwa Juda, eBetishe-
meshi, e li nge lika Juda.
22 AbakwaJuda ba hlulwa ngabaka
Israeli, kwa i lowo wa balekela endhlini
yake,
23 uJoashi inkosi yakwa Israeli wa m
tata uAmazia inkosi yakwa Juda, ne-
ndodana ka Joashi, indodana ka Jehoa-
hazi, eBetishemeshi, wa m leta eJeru-
salema, wa luapula udonga lweJerusale-
ma, ku suke emnyango ka Efraimi, kwa
ze kwa fika emnyango o sengosini, ama-
kubiti a ngamakulu amane.
24 Wa li tata lonke igolide nesiliva.
nazo zonke izitya eza tolwa kuObededo-
mi endhlini ka Tixo, namagugu endhlu
yenkosi, no kwa ku bekiwe, ba buyela
eSamaria.
25 uAmazia indodana ka Joashi inko-
si yakwa Juda, ya pila iminyaka e nga-
mashumi a isihlanu emva kokufa kuka
Joashi indodana ka Jehoahazi inkosi
yakwa Israeli.
26 Manjeke izenzo ezinye zika Ama-
zia, zakuqala nezokugcina, bheka, zi lo-
tyiwe encwadini yamakosi akwa Juda
neIsraeli?

27 Kwa tike emva kwesikati sokupe-
nduka kuka Amazia ekumlandeleni
kwake uJehova, ba menzela icebo eJe-
rusalema; wa baleka wa ya eLakišha;
kodwa ba fika, ba m bulala kona.
28 Ba m twala ngamahashi, ba m gqi-
ba kanye nokoko bake emzini wa kwa
Juda.

ISAHLUKO 26.

ABANTU bonke ba m tatake uUzia, o
wa e neminyaka e ishumi nesitupa,
ba menza inkosi endaweni ka Amazia
uyise.
2 Wa laka iEloti, wa li buyisela
kwaba seJuda, emva kwaloku inkosi ya
lala nokoko bayo.
3 uUzia wa e neminyaka e ishumi nesi-
tupa ekuqaleni kokubusa kwake, wa bu-
sa eJerusalema iminyaka e ngamashumi
a isihlanu nambili. Igama lika nina la
li nguJekolia wa seJerusalema.
4 Wenza okulungileyo emehlweni ka
Jehova, njengako konke okwenziwa
uAmazia uyise.
5 Wa m funa uTixo ezinsukwini zika
Zekaria, o wa e nokwazi ezibonisweni
zika Tixo; kwa ti lapo e m funayo
uJehova, uTixo wa m busisa.
6 Wa puma wa lwa naba seFilisti, wa
pula udonga lakwa Gati, no lakwa
Jabne, no lakwa Ashdodi, waka imizi
ngaseAshdodi, na kumaFilisti.
7 uTixo wa m siza kumaFilisti, na
kwaba seArabia, a e hlezi eGurbali na
kumaMehuni.
8 AbakwaAmoni ba m nika uUzia
izipo; negama lake landa la ze la fika
ekungeneni kwa sEgipite; ngokuba wa
ziqinisa ngamandhla.
9 uUzia waka izinqaba eJerusalema
nga semnyangweni wokugcina, na sesi-
godini, na sekubuyeni kodonga, wa zi
vikela.
10 Wenza izinqaba nasehlane, wemba
nemigodi eminingi yamanzi; ngokuba
wa e nezinkomo eziningi, ezweni eli
pansi na sematafeni; nabalimi futi,
nabalungisi bezivini ezintabeni, nase-
Karmeli ngokuba wa ku tanda uku-
lima.
11 Futi uUzia wa e nesixuku sabalwa-
yo, e sa puma ukulwa ngamabandhla,
njengokubalwa kwabo ngesandhla sika
Jehieli umlobi, noMaseia umbusi, ngapa-
nsi kwesandhla sika Hanania, enye indu-
na yenkosi.
12 Ubuningi bezikulu za oyise ama-
qawe, ba bu izinkulungwane ezimbili
namakulu a isitupa.
13 Ngapansi kwezandhla zabo kwa ku
kona impi, izinkulungwane ezi ngama-
kulu amatatu, nezinkulungwane ezi
isikombisa namakulu a isihlanu, a ba
belwa ngamandhla, uku siza inkosi nga
sesiteni.
14 uUzia wa si lungisela sonke isixuku
izihlangu nemikonto, nezivikelo, nemi-
cibityelo namalengiso okuponsa amatye.
15 Wenza nemishini eJerusalema, e ya
qanjwa ngabahlakanipileyo, ukuba i be
ngapezu kwezinqaba, ukuponsa imici-
bityelo, namatye amakulu, Negama la-
ke landa kude; ngokuba wa sizwa ngo-
kumangalisayo, wa ze wa ziqinisa.
16 Kodwa lapo e se namandhla, inhli-
ziyo yake ya vukela ukubujiswa kwake;
ngokuba wona ngoJehova uTixo wake,
wa ngena etempelini lika Jehova, uku-
tyisa impepo pezu kwelati lempepo.
17 uAzaria umpristi wa ngena e m
landela, ku kona kanye naye abapristi
baka Jehova aba ngamashumi a isishiya-
galombili, aba ngabantu aba lungileyo.
18 Ba m kuza uUzia umpristi, ba ti
kuye, A ku fanele ukuba wena, Uzia, u
tyisele uJehova impepo, kodwa aba-
pristi amadodana ka Aroni aba miselwe
ukutyisa impepo: puma wena endhlini
e ingcwele; ngokuba wonile; ku nga bi
ngodumo lwako na kuJehova uTixo.
19 uUzia wa tukutela e pete isitya
esandhleni sake sokutyisa impepo; na
lapo e sa ba tukutelela abapristi, kwa
bonakala ubulepero ebunzini lake nga-
pambi kwabapristi endhlini ka Jehova,
eduze kwelati lempepo.
20 uAzaria umpristi omkulu, nabo
bonke abapristi, ba m bheka, ba bona
ubulepero ebunzini lake, ba m kipa
lapo; naye wa tyetya ukuzipumela,
ngokuba uJehova e m tyayile.
21 uUzia inkosi wa ba nobulepero wa
ze wa fa, wa hlala endhlini e yedwa,
ngokuba e nobulepero; ngokuba wa
hlukaniswa endhlini ka Jehova; uJota-
mu indodana yake wa ba pezu kwendhlu
yenkosi, ahlulela abantu bezwe.
22 Manje ezinye izenzo zika Uzia, eza-
kuqala nezokugcina, zi lotyiwe ngu
Isaya umprofeti, indodana ka Amozi.
23 uUzia wa lala nokoko bake ba
m mbela kanye nokoko bake ensimini
yamakosi yokumbela; ngokuba ba ti,
u ilepero; noJotamu indodana yake wa
busa endaweni yake.

## ISAHLUKO 27.

UJOTAMU wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, wa busa eJerusalema iminyaka e ishumi nesitupa. Igama lika nina la li nguJerusha, indodakazi ka Zadoki.

2 Wenza okulungileyo emehlweni ka Jehova, njengokwenza konke kuka Uzia uyise; kodwa a ka ngenanga endhlini ka Jehova. Nabantu benza okubi.

3 Waka umnyango opakamileyo wendhlu ka Jehova, na ngapezu kodonga lweOfeli waka kakulu.

4 Waka nemizi emininngi ezintabeni zakwa Juda, nasemahlatini waka izindhlu nezinqaba.

5 Wa lwa futi nenkosi yabakwa-Amoni, wa ba hlula. NabakwaAmoni ba m nika nga lowo mnyaka amatalenta a ikulu esiliva, nezilinganiso ezi izinkulungwane ezi ishumi zika kolweni, nezebarle. NabakwaAmoni ba m nika loko, ngomnyaka wobubili, no wobutatu.

6 Ngako uJotamu wa ba mkulu, ngokuba wa zi lungisela izindhlela zake ngoJehova uTixo wake.

7 Manjeke ezinye izenzo zika Jotamu nokulwa konke kwake, nezindhlela zake, bheka zi lotyiwe encwadini yamakosi aka Israeli noJuda.

8 Wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, wa busa eJerusalema iminyaka e ishumi nesitupa.

9 uJotamu wa lala nokoko bake, ba m mbela emzini ka Davida; noAhazi indodana yake ya busa endaweni yake.

## ISAHLUKO 28.

UAHAZI wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili, wa busa eJerusalema iminyaka e ishumi nesitupa; kodwa a kenzanga okulungileyo emehlweni ka Jehova, njengoDavida uyise.

2 Ngokuba wa hamba ngezindhlela zamakosi akwa Israeli, wenzela uBali izitombe ezibaziweyo.

3 Wa tyisa futi impepo esigodini sendodana ka Hinomi, wa tyisa abantwana bake emlilweni, njengezinengiso za bezizwe e za kitywa uJehova ngapambi kwabantwana baka Israeli,

4 Wa nikela futi impepo e tyisiweyo ezindaweni ezi pakamileyo, nasezintabeni, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza.

5 Ngako uJehova uTixo wake wa m nikela esandhleni senkosi ya seSyria; ba
m tyaya, ba muka nabaningi babo be
izibotywa, ba ba leta eDamaseku. Naye
wa nikelwa futi esandhleni senkosi yakwa Israeli, naye wa m tyaya ngokubulala okukulu.

6 Ngokuba uPeka indodana ka Remalia, wa bulala eJuda ngosuku lunye izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili, a e ngamaqawe odwa; ngokuba ba be m delile uJehova uTixo wa oyise.

7 uZikri iqawe lakwa Efraimi, la m bulala uMaseia indodana yenkosi, noAzrikamu umbusi wendhlu, noElkana o ngemva kwenkosi.

8 Nabakwa Israeli ba mukisa kubafo wabo izibotywa izinkulungwane ezi ngamakulu amabili, abesifazana, namadodana namadodakazi, ba muka nempango eningi kubona, ba i leta eSamaria.

9 Kodwa umprofeti ka Jehova wa e kona lapo, ogama lake li nguOdedi wa si pumela isixuku e sa fika eSamaria, wa ti kubona, Bhekani, ngokuba uJehova uTixo wa oyihlo benu wa li tukutelela iJuda, wa li nikela esandhleni senu, nani ni ba bulele ngokutukutela oku fika na sezulwini.

10 Manjeke ni funa uku ba hlalisa aba kwa Juda neJerusalema, ba be izigqili kinina: kodwa a ziko kinina uqobo izono nga kuJehova uTixo wenu na?

11 Yizwani mina, ni zi buyise izibotywa, eni zi tatileyo kubafo wenu; ngokuba ulaka olukulu luka Jehova lu pezu kwenu.

12 Kwa ti abanye abakulu bakwa Efraimi, uAzaria indodana ka Johanani, noBerekia indodana ka Meshilemoti, noJehizkia indodana ka Shaluma, noAmasa indodana ka Hadlai, bema nga kubona aba puma empini,

13 Ba ti kubona, Ma ni nga zi ngenisi izibotywa lapa; ngokuba noko sonile kuJehova, ni funa ukwelekela izono zetu: ngokuba zona zikulu, ku kona nolaka olukulu nga kubo abaIsraeli.

14 Ngako abahlomileyo ba zi shiya izibotywa, nempango, ngapambi kwezikulu nesixuku sonke.

15 Nabatyiwo ngamagama ba vuka, ba zi tata izibotywa, na ngempango ba gqokisa bonke a ba nge naluto, ba ba gqokisa, ba ba faka nezicatulo, ba ba nika nokudhla, namanzi, ba ba gcoba, ba twala naba butakataka pezu kwezimbongolo, ba ba leta eJeriko, umuzi wemiti yomtemari, kubafo wabo: ba buyelake eSamaria.

16 Ngalesosikati inkosi uAhazi wa tu-
mela emakosini a seAsiria ukuba a m
size.
17 Ngokuba abakwaEdomi ba li tya-
ya futi iJuda, ba muka nezibotywa.
18 NamaFilisti futi a ngena emizini
yezwe eli pansi, ngenzansi kweJuda, a
li tata iBeti-shemeshi, neAjaloni, neGe-
derote, neShoko nemizana yakona, ne-
Timna nemizana ya kona, neGimzo ne-
mizana ya kona: ba hlala kona.
19 Ngokuba uJehova wa li wisa iJuda
ngenxa ka Ahazi inkosi yakwa Israeli;
o wa lenza iJuda li beze, wona kakulu
kuJehova.
20 uTilgate-pilnesa inkosi ya seAsiria
weza kuyena, wa m hlupa, a ka m siza.
21 Ngokuba uAhazi wa tata okunye
endhlini ka Jehova, na sendhlini yenko-
si, na kuzo izikulu, wa ku nika inkosi ya
seAsiria: kodwa a i m sizanga.
22 Ngesikati sokuhlupeka kwake, wo-
na futi kuJehova; yena uAhazi inkosi.
23 Ngokuba wa hlabela amakosi a se-
Damaseku, a e m tyaya, wa ti yena,
Ngokuba izitixo zamakosi a seSiria zi ya
ba siza, ngako ngo hlabela zona, ukuze
a ngi size mina. Kodwa a m bulala
yena nabo bonke abaIsraeli.
24 uAhazi wa buta izitya zendhlu ka
Tixo, wa zi fihliza izitya zendhlu ka
Tixo, wa i vala iminyango yendhlu ka
Jehova, wa zenzela amalati ezingosini
zonke za seJerusalema.
25 Na kuyo yonke imizi ya seJuda
wenza izindawo ezi pakamileyo uku tyi-
sela izitixo ezinye impepo, e vusa ulaka
luka Jehova uTixo wa oyise bake.
26 Manjeke ezinye izenzo zake, nezi-
ndhlela zonke zake, ezakuqala nezoku-
gcina, bheka, zi lotyiwe encwadeni ya-
makosi a seJuda na seIsraeli.
27 uAhazi wa lala nokoko bake ba m
gqiba emzini, eJerusalema; kodwa ka
ba m letanga ematuneni amakosi a se-
Israeli: noHezekia indodana yake ya
busa endaweni yake.

## ISAHLUKO 29.

UHEZEKIA wa qala ukubusa e ne-
minyaka e ngamashumi amabili ne-
sihlanu, wa busa eJerusalema iminyaka
e ngamashumi amabili nesishiyagalolu-
nye. Igama lika nina la li nguAbija,
indodakazi ka Zekaria.
2 Wenza okulungileyo emehlweni ka
Jehova, ngako konke o kwenziwa uDa-
vida uyise.
3 Yena, ngomnyaka wokuqala woku-
busa kwake, nangenyanga yokuqala, wa
vula amasango endhlu ka Jehova, wa
wa lungisa.
4 Wa ngenisa abapristi namaLevi,
wa ba butela esitaladini sa sempuma-
langa.
5 Wa ti kubona, Yizwani mina, nina
maLevi, zigcobeni nina manje, ni yenze
ngcwele indhlu ka Jehova uTixo wa
oyihlo benu, ni suse okubi endaweni e
ingcwele.
6 Ngokuba obaba betu bonile, benza
okubi emehlweni ka Jehova uTixo we-
tu, ba m dela, ba pendula ubuso babo
ngasendhlini ka Jehova, ba veza nemi-
hlana yabo kona.
7 Ba zi valile nezivalo, ba cima iziba-
ni, be nga yi tyisi impepo nemihla-
belo endaweni e incwele kuTixo ka
Israeli.
8 Ngako ulaka luka Jehova lwa lu
pezu kweJuda neJerusalema, wa ba ni-
kela ezinhlupekweni, nokumangala no-
ku sasazela, njengokubona kwenu nga-
mehlo enu.
9 Ngokuba, bheka, obaba ba wile nge-
nkemba, namadodana etu, namadoda-
kazi, nabafazi, ba sebugqilini ngenxa ya
loku.
10 Ngokuba ku senhliziyweni yami
ukwenza isivumelwano, kanye noJeho-
va uTixo ka Israeli, ukuba ulaka lwake
olukulu lu si shiye.
11 Madodana ami, ni nga vilapike ma-
nje; ngokuba uJehova u ni ketile nina
ukuba ni me ngapambi kwake, uku-
msebenzela, ni kulume naye, ni tyise
impepo.
12 AmaLevi a vukake, uMahati indo-
dana ka Amasai, noJoeli indodana ka
Azaria, amadodana amaKohati: nama-
dodana aka Merari, uKishi indodana ka
Abdi, noAzaria indodana ka Jehaleli;
na ba kwabaGershoni, uJoa indodana
ka Zima, noEdene indodana ka Joa:
13 Kumadodana ka Elizafani; uShim-
ri, noJeieli; na kumadodana ka Asafa;
uZekaria, noMatania:
14 Kumadodana ka Hemani; uJehieli,
noShimei; nakumadodana ka Jedutani;
uShemia, noUzieli.
15 Ba buta abafo wabo, ba zigcoba ba
fika, njengesiyalezo senkosi, ngemise-
benzi ka Jehova, ukuilungisa indhlu ka
Jehova.
16 Abapristi ba ngena pakati kwe-
ndhlu ka Jehova, ukuilungisa, ba kipa

yonke insila aba i tolayo etempeleni
lika Jehova, ba i buyisela ngapandhle.
NamaLevi a i tata, ukuiyisa emfuleni
iKidroni.
17 Ba qala ngosuku lokuqala lwenya-
nga yakuqala, ukulungisa, na ngosuku
lwesishiyagalombili lwenyanga ba fika
ngapambi kwesigodhlo sika Jehova;
ngako ba i lungisa indhlu ka Jehova
ngezinsuku ezi isishiyagalombili: na
ngosuku lweshumi nesitupa lwenyanga
yokuqala ba gcina.
18 Ba ngenake kuHezekia inkosi, ba
ti, si i lungisile yonke indhlu yenkosi,
nelati lemihlabelo, nezitya zonke zalo,
netebula lesinkwa sesibonakaliso, nezi-
tya zonke zalo.
19 Futi zonke izitya eza ntyingwa
inkosi uAhazi ekoneni kwake e sem-
busweni wake, si zi lungisile sa zi gco-
ba, zi kona ngapambi kwelati lika Je-
hova.
20 uHezekia inkosi wa vuka kusasa,
wa buta ababusi bomuzi, ba kupukela
endhlini ka Jehova.
21 Ba leta izinkabi ezi isikombisa, ne-
zinqama ezi isikombisa, namacwane a
isikombisa, nezimpongo ezi isikombisa,
ukuhlabela isono sombuso, nendhlu ye-
nkosi, neJuda. Wa yaleza abapristi ama-
dodana ka Aroni, uku zi nikela ngapezu
kwelati lika Jehova.
22 Ba zi bulala izinkabi, nabapristi
bamukela igazi, ba li fafaza pezu kwe-
lati: futi, se be bulele izinqama, ba
fafaza igazi lazo pezu kwelati; ba bu-
lala namacwane, ba fafaza igazi lawo
pezu kwelati.
23 Ba leta izimpongo zomhlabelo wo-
kona, napambi kwenkosi nesixuku; ba
beka izandhla zabo pezu kwazo:
24 Abapristi ba zi bulala, ba telelela
ngegazi lazo pezu kwelati abaIsraeli
bonke; ngokuba inkosi ya yaleza ukuba
okutyiselwa isono ku ya kwenzelwa aba-
Israeli bonke.
25 Wa misa amaLevi endhlini ka Je-
hova be pete izingumbu njengesiyalezo
sika Davida, ne sikaGadi umprofeti we-
nkosi, noNatani umprofeti: ngokuba isi-
yalezo sika Jehova sa si njalo ngabapro-
feti bake.
26 AmaLevi ema e pete izingumbu
zika Davida, nabapristi be pete ama-
tilongo.
27 uHezekia wa yaleza ukuba ku
tyiswe umhlabelo pezu kwelati, Na la-
po ku qalwayo isihlabelelo sika Jehova
sa qalwa ngamatilongo, na ngezingubu
eza miswa uDavida inkosi yabaIsraeli.
28 Sonke isixuku sa konza, nabahlabe-
leli ba hlabelela, nabetilongo ba beta;
ba qinisela bonke kwa za kwa pela
umhlabelo otyiswayo.
29 Lapo se be wu qedile umhlabelo,
inkosi nabo bonke aba be kona, ba ziko-
tamisa ba dumisa.
30 Futi uHezekia inkosi nezikulu za
yaleza amaLevi ukugwabela uJehova
udumiso ngamazwi ka Davida, na ka
Asafa umprofeti. Ba gwaba udumiso
ngenjabulo, ba kotamisa amakanda abo
ba dumisa.
31 uHezekia wa pendula wa ti, Manje
ni zinikile kuJehova, sondelani ni lete
izipo nezipo zokubonga endhlini ka Je-
hova. Nesixuku sa ngenisa izipo nezipo
zokubonga; naba nenhliziyo yokubonga
ba leta imihlabelo yokutyiswa.
32 Ubuningi bemihlabelo yokutyiswa
e ya ngeniswa isixuku, ba bu izinkabi
ezi ngamashumi a isikombisa, nezinqa-
ma ezi ikulu, namacwane a ngamakulu
amabili; zonke lezi za zi umhlabelo ku-
Jehova.
33 Okwamiswayo ku be ingcwele kwa
ku izinkabi ezi ngamakulu a isitupa, ne-
zimvu ezi izinkulungwane ezintatu.
34 Kodwa abapristi ba be ingcosana,
be nge nakuzibulala zonke izilwane,
ngako ba sizwa amaLevi abafo wabo, wa
ze wa pela umsebenzi, ba ze ba zigcoba
nabanye abapristi; ngokuba amaLevi
ba be nezinhliziyo ezilungile ukuzigcoba
ku nabapristi.
35 Imihlabelo ya i miningi, namanono-
ni emihlabelo yokutula, nezipo zoku-
puza kuyo yonke imihlabelo etyiswa-
yo, ngakoke umsebenzi wendhlu ka Je-
hova wa lungiswa.
36 uHezekia wa jabula, nabantu bonke,
ukuba uTixo wa ba lungisa abantu; ne-
nto yenzakala masinyane.

## ISAHLUKO 30.

UHEZEKIA wa tumela kubo bonke
abaIsraeli nabaJuda, wa loba nezi-
ncwadi kuEfraimi noManasa, ukuba ba
fike, endhlini ka Jehova eJerusalema,
ukugcina ipasika kuJehova uTixo ka
Israeli.
2 Ngokuba inkosi ya kuluma neziku-
lu zayo, nesixuku sonke eJerusalema,
ukugcina ipasika ngenyanga yobubili.
3 Ngokuba ba be nge nakugcina nga
lesosikati, ngokuba abapristi ba be nga

ka zigeobile kahle, nabantu ba be nga ka butaneli eJerusalema.

4 Into leyo ya i jabulisa inkosi nesixuku sonke.

5 Benzake umteto, kwa menyazelwa kubaIsraeli bonke kwa suka eBeresheba kwa za kwa seDani, ukuba ba fike benze ipasika kuJehova uTixo ka Israeli, eJerusalema; ngokuba kwa se ku isikati esikulu be nga kwenzanga loko njengokulotyiweyo.

6 Ngako izigijimi za hamba nezincwadi ezi puma enkosini nezikulu zayo, kubo bonke abaIsraeli nabaJuda, njengesiyalezo senkosi, i ti, Nina baka Israeli, buyelani kuJehova uTixo ka Abrahama, noIsaka, noIsraeli, naye u ya kuibuyela insali yenu, e punyukileyo esandhleni samakosi akwa Asiria.

7 Ni nga bi njengoyihlo benu, nabazalwane benu, aboniléyo kuJehova uTixo wa oyise babo, no wa ba citayo, njenga loku ni bona nani.

8 Ni nga bi ntamo lukuni, njengoyihlo, kodwa zinikeni kuJehova, ni ngene endhlini yake, a yenze ngcwele ku ze ku be pakade; ni konze uJehova uTixo wenu, ukuba ulaka lwake olukulu lu ni shiye.

9 Ngokuba uma ni buyela kuJehova futi, abafo wenu nabantwana benu, ba ya kuba baukela bona aba be benza izibotywa, ba buye ba ngene ezweni leli; ngokuba uJehova uTixo wenu u lungile u nomusa, a ka yi ku ni pendulela ubuso, uma ni buyela kuyena.

10 Ngako izigijimi za hamba kuyo yonke imizi ezweni lakwa Efraimi noManasa, za ze za fika eZebuloni; kodwa ba zi hleka usulu, ba zi lingisa.

11 Noko abanye bakwa Asheri, noManasa, noZebuloni, ba zitobisa, ba fika eJerusalema.

12 Futi eJuda isandhla sika Jehova sa si kona ukubanika inhliziyo inye ukusenza isiyalezo senkosi ne sezikulu zayo, ngezwi lika Jehova.

13 Kwa butana eJerusalema abantu abaningi ukwenza ukudhla kwesinkwa esingakukumele ngenyanga yobubili, isixuku esikulu kakulu.

14 Ba vuka ba wa susa amalati a seJerusalema, namalati onke empepo ba wa susa, ba wa ponsa emfuleni iKidroni.

15 Ba li bulala ipasika ngosuku lweshumi nane, lwenyanga yobubili; nabapristi namaLevi ba be nenhloni, ba zigeoba, ba ngenisa izipo ezityisweyo endhlini ka Jehova.

16 Bema endaweni yabo njengokuma kwabo, njengomteto ka Mosi umuntu ka Tixo; abapristi ba fafaza igazi, aba lamkele ezandhleni zamaLevi.

17 Ngokuba ba be baningi esixukwini aba be nga gcotyiwe: ngako amaLevi a e ba sebenzela bonke aba be ngcolile ekubulaleni ipasika, ukuba ba gcotyelwe uJehova.

18 Ngokuba iningi labantu, baka Efraimi, noManasa, noIsaka, noZebuloni, ba be nga ka zihlanzi, noko ba li dhla ipasika njengokulotyiweyo. Kodwa uHezekia wa ba tandazela, e ti, uJehova olungileyo ma ka ba yekele bonke.

19 Abalungisela izinhliziyo zabo ukufuna uTixo, uJehova uTixo wa oyise babo, noko e nga hlanziwe njengokulunga kwendhlu e ingcwele.

20 uJehova wa m lalela uHezekia, wa ba sindisa abantu.

21 Nabakwa Israeli aba be seJerusalema ba kwenza lokokudhla oku nge nambiliso izinsuku ezi isikombisa ngokujabula okukulu; namaLevi nabapristi ba dumisa uJehova ngezinsuku zonke, be gwaba ngezingumbu ezi namandhla kuJehova.

22 uHezekia wa kuluma kahle kuwo onke amaLevi a fundisa ukwazi kuka Jehova okulungileyo; ba dhla ku loko kudhla izinsuku ezi isikombisa, be nika izipo zokutula, be zi bika kuJehova uTixo wa oyise babo.

23 Sonke isixuku sa vumelana ukuhlalela ezinye izinsuku ezi isikombisa; ba zi hlalela ngenjabulo.

24 Ngokuba uHezekia inkosi ya kwa Juda wa si nika isixuku izinkabi ezi inkulungwane, nezinqama ezi izinkulungwane ezi isikombisa; nezikulu za si nika isixuku izinkabi ezi inkulungwane, nezimvu ezi izinkulungwane ezi ishumi; nabapristi abaningi ba zigeoba.

25 Naso sonke isixuku sakwa Juda, kanye nabapristi namaLevi, nesixuku sonke e sa puma eIsraeli, nabezizwe aba puma ezweni lakwa Israeli, na ba be hlezi eJuda, ba jabula.

26 Kwa ba kona injabulo enkulu eJerusalema; ku i loku kwenzakala esikatini sika Salomona indodana ka Davida inkosi yakwa Israeli.

27 Ba vukake abapristi amaLevi ba busisa abantu: nezwi labo lezwakala, nomtandazo wabo wa kupukela endaweni yake e ingcwele yokuhlala, ezulwini.

ISAHLUKO 31.

LAPO se ku pelile konke loku, abaIsraeli bonke aba be kona ba ngena emizini yakwa Juda, ba hlitiza izitombe, ba nquma amahlati, ba wisa pansi izindawo ezipakamileyo namalati eJuda nakwaBenjamini, na seEfraimi nakwa Manasa, ba ze ba zi bulala zonke. Ba buyake bonke abakwaIsraeli, ilowo endaweni yake, nasemzini wake.

2 uHezekia wa misa abapristi namaLevi ngokuma kwabo; i lowo ko wake umsebenzi, abapristi namaLevi ba gcotyelwa imihlabelo etyiswayo ne yokutula, ukukonza, nokubonga, nokudumisa eminyangweni yezindhlu zika Jehova.

3 Wa misa futi inxenye yemfuyo yenkosi eyokutyiswa, imihlabelo yakusasa na kusihlwa, ne yamasabata, ne yezinyanga ezintya, ne yokudhla okumisiweyo, njengokulotyiweyo emtetweni ka Jehova.

4 Wa yaleza futi abantu aba hlezi eJerusalema ukuba ba nike abapristi namaLevi okwabo, ukuba ba be nesibindi emtetweni ka Jehova.

5 Lapo leso siyalezo se si fikile kubona, abakwaIsraeli ba leta kakulu izitelo zakuqala zombila, newaini, namafuta, nezinyosi, na kuzo zonke izitelo zensimu; nenxenye yeshumi yako konke ba ku leta kakulu.

6 NabakwaIsraeli noJuda, aba ba hlala emzini yakwa Juda, ba leta inxenye yeshumi yezinkabi nezimvu, nenxenye yeshumi yezinto ezi ingcwele eza zi nikwa uJehova uTixo wabo, ba ku beka konke ezinqwabeni.

7 Ngenyanga yesitatu ba qala ukwenza isisekelo sezinqwaba, ba qeda ngenyanga yesikombisa.

8 Lapo uHezekia nezikulu ba fika ba bona izinqwaba, ba dumisa uJehova, nabantu bake abaIsraeli.

9 uHezekia wa kuluma kubapristi namaLevi ngazo izinqwaba.

10 uAzaria induna yabapristi bendhlu ka Zadoki wa m pendula, wa ti, I loku abantu be qalile ukuleta izipo endhlini ka Jehova, si sutile, sa shiya nokuningi; ngokuba uJehova u ba busisile abantu bake; nokuseleyo ku i lenqwaba enkulu.

11 uHezekia wa yaleza ukuba kwenziwe amakamelo endhlini ka Jehova; ba wenza.

12 Ba zi ngenisa izipo, nezinxenye zamashumi, nokunikiweyo ngokulungileyo: uKononia umLevi wa ye umbusi pezu kwa loku noShimei umfo wabo wa m landela.

13 uJehieli, noAzazia, noNahate, noAsaheli, noJerimote, noJozabade, noElieli, noIsmakia, noMahati, noBenaia, ba be ngabameli ngapansi kwesandhla sika Kononia noShimei umfo wabo, ngesiyalezo sika Hezekia inkosi, noAzaria umbusi wendhlu ka Tixo.

14 uKore indodana ka Imna umLevi, umlindi wa ngasempumalanga, wa e pezu kwezipo zotando ku Tixo ukwahlukanisa izipo zika Jehova, noku ingcwele kakulu.

15 Naye wa landelwa uEdene, noMiniamini, noJeshua, noShemaia, noAmaria, no Shekania, emizini yabapristi, emalawini abo, ukunika abafo wabo ngokuma kwabo, ku bakulu na kwabancane:

16 Futi ngokuma kwesilisa, ku suke emnyakeni emitatu nangapezulu, na kubo bonke aba ngenayo endhlini ka Jehova, isabelo sake njalo ngosuku ngomsebenzi wake ngokuma kwabo.

17 Na ngokuma kwabapristi ngendhlu ya oyise, namaLevi ku suke emnyakeni e ngamashumi amabili na ngapezulu, njengezilinganiso zabo;

18 Na ngokuma kwezingane zonke zabo, nabafazi babo, namadodana abo, namadodakazi abo, kuso sonke isixuku: ngokuba emsebenzini wabo omiyo, ba zigcoba ngoku ingcwele.

19 Namadodana ka Aroni abapristi, aba be semasimini ngapandhle kwemizi yabo, ku lowomuzi njalo, amadoda a e bizwe ngamagama abo, ukwabela sonke isilisa kubapristi, na kubo bonke aba balwa ngokuma kwabo kuwo amaLevi.

20 Wenza loku uHezekia kulo lonke iJuda, wenza okuhle, nokulungileyo, neqiniso ngapambi kuka Jehova uTixo wake.

21 Umsebenzi wonke a wu qalileyo enkonzweni yendhlu ka Tixo, na semtetweni, na kuzo izimemezelo, ukumfuma uTixo wake, wa wenza ngenhliziyo yonke yake, wa busiswa.

ISAHLUKO 32.

NGASEMVA kokumiswa kwa lezi zinto, uSenakeribi inkosi ya seAsiria ya fika, ya ngena eJuda, ya misa ngasemizini ebiyiweyo, e cabanga ukuzitatela yona.

2 Lapo uHezekia e bona ukuba uSena-

keribi u fikile, nokuba u funa ukulwa
neJerusalema,
3 Wa qondisana nezikulu zake ukuba
ba vimbele amanzi emitombo e ngapa-
ndhle komuzi; nabo ba m siza.
4 Kwa butana abantu abaningi, ba vi-
mbela yonke imitombo, nomfula owa u
hamba pakati kwezwe, be ti, Ku ngani
ukuba ku fike amakosi a seAsiria, a tole
amanzi amaningi na?
5 Wa ziqinisa futi, wa vusa udonga
lonke o lwapukile, lwa ze lwa fika ezi-
nqabeni, nolunye udonga ngapandhle,
wa vusa iMilo emzini ka Davida, wenza
izinkande nezihlangu eziningi.
6 Wa misa izinduna zempi pezu kwa-
bantu, wa ba butela kuyena esitaladini
ngasesangweni lomuzi, wa kuluma ka-
hle kubona, e ti,
7 Yibani namandhla ni me isibindi, ni
ngesabi ni tutumele, ngenxa yenkosi ya-
seAsiria, nesixuku sonke esi nayo; ngo-
kuba baningi kitina ku nayo:
8 Kuyena ku kona umkono wenyama;
kodwa kitina ku kona uJehova uTixo
wetu, ukusisiza, nokulwa impi yetu, na-
bantu ba pumula kuwo amazwi ka He-
zekia inkosi yakwaJuda.
9 Ngasemva kwa loku uSenakeribi
inkosi ya seAsiria wa tuma izinceku zake
eJerusalema, (kodwa yena wa hlasela
iLakisha, nabo bonke kanye naye,) wa
tumela kuHezekia inkosi yakwaJuda,
nakubo bonke abakwaJuda eli seJeru-
salema, wa ti,
10 U ti uSenakeribi inkosi ya se Asiria,
Netembani nina, ukuba ni me enqabeni
ya seJerusalema na?
11 uHezekia a ka ni yengi ukuba ni zi
nikele ekufeni ngendhlala na? e ti, uJe-
hova uTixo wetu u ya kusikipa esa-
ndhleni senkosi ya seAsiria na?
12 Yena uHezekia lowo a ka zi susa-
nga izindawo zake ezipakamileyo nama-
lati ake na? e yaleza abaJuda naba se-
Jerusalema, e ti, Ni ya ku dumisa nga-
pambi kwelati linye, ni tyise impepo
pezu kwalo.
13 A ni kwazi okwenziwe imina noba-
ba kubantu bezinye izizwe na? za zi
namandhla izitixo za lezo zizwe uku-
kulula izwe labo esandhleni sami na?
14 Kwa ku kona bani kuzo zonke izi-
tixo za lezo zizwe e za qedwa obaba ba-
mi, o wa e nga kipa abantu bake esa-
ndhleni sami na? ukuze uTixo wenu
a be namandhla uku ni kipa esandhleni
sami na?
15 Manje a ka nga ni kohlisi uHeze-
kia, a ni yenge nga loku, ni nga m la-
leli; ngokuba akako uTixo wezizwe ne-
mibuso o namandhla ukukulula abantu
bake esandhleni sami, ne sa obaba bami;
o wenu uTixo a nge ni kulule nakanye
esandhleni sami.
16 Nezinceku zake za m hleba futi
uJehova uTixo, nenceku yake uHe-
zekia.
17 Wa loba futi izincwadi zoku m hle-
ba uJehova uTixo ka Israeli, nezi kuluma
ngaye, zi ti, Njengokuba izitixo zezinye
izizwe zi nga ba kipanga abantu bazo
esandhleni sami, njaloke uTixo ka Heze-
kia a nge ba kulule nabake.
18 Ba memeza ngezwi elikulu ngolwi-
mi lwabaJuda kubantu aba seJerusale-
ma aba pezu kodonga, ukubetusa, noku
ba hlupa; ukuze ba wu tate umuzi.
19 Ba hleba uTixo weJerusalema, nje-
ngezitixo zabantu bomhlaba, ezi umse-
benzi wezandhla zabantu.
20 Na ngalokuke uHezekia inkosi, no-
mprofeti uIsaya indodana ka Amozi, ba
tandaza ba kala ezulwini.
21 uJehova wa tuma ingelosi, ya wa
nquma onke amaqawe, nabaholi, nezi-
nduna, ekamu lenkosi ya seAsiria. Naye
wa buyela ezweni lake e jabile ebu-
sweni. Lapo e fikile endhlini yesitixo
sake, aba puma ematunjini ake ba m
bulala ngenkemba.
22 Njaloke uJehova wa m sindisa uHe-
zekia naba seJerusalema esandhleni sika
Senakeribi inkosi ya seAsiria, na sesa-
ndhleni sabo bonke abanye, wa ba hola
kuko konke.
23 Nabaningi ba leta izipo kuJehova
eJerusalema, nezipo kuHezekia inkosi
yabaJuda; wa ba mkulu ezizweni zonke
ngasemva kwa loku.
24 Ngalezozinsuku uHezekia wa gula
kwangati u ya kufa, wa tandaza kuJe-
hova; naye wa kuluma kuye, wa m
nika isibonakaliso.
25 Kodwa uHezekia a ka buyisanga
okuhle okwenziwe kuyena; ngokuba
inhliziyo yake ya i pakeme: ngako ula-
ka lwa ba pezu kwake, na pezu kwe-
Juda neJerusalema.
26 Noko uHezekia wa zitobisa enhli-
ziyweni yake, yena naba seJerusalema,
nolaka luka Jehova a lu fikanga pezu
kwabo ezinsukweni zika Hezekia.
27 uHezekia wa e nemfuyo eningi no-
dumo; wa zenzela amagugu esiliva, na-
wegolide, nawamatye amahle, nawama-

ka, nawezihlangu, namagugu onke ama-
hle.
28 Nezindhlu zokubeka umbila, ne-
waini, namafuta; nezindhlu zezilwane
zonke, nezindawana zezimvu.
29 Wa zilungisela nemizi, nezindawo
zemihlambi eminingi: ngokuba uTixo
wa e m nikile okukulu.
30 Yena lona uHezekia wa vimba o wa
senhla utombo wamanzi a seGihoni, wa
u qondisa ngasentyonalanga komuzi ka
Davida. uHezekia wa busiswa kuzo zo-
nke izenzo zake.
31 Kodwa ngomsebenzi wezitunywa
zamakosi a seBabulona, eza tuma kuye-
na ukubuza ngesimangaliso esenziwa
ezweni, uTixo wa m shiya, ukuba a m
linge, ukuba a bone konke oku senhli-
ziyweni yake.
32 Imisebenzi eminye ka Hezekia, no-
kulunga kwake, bheka, a i lotyiwe esi-
bonisweni sika Isaya umprofeti, indo-
dana ka Amozi, na sencwadini yamako-
si a seJuda na seIsraeli.
33 uHezekia wa lala nokoko bake ba
m mbela kwelikulu ituna lamadodana
ka Davida; nabo bonke aba Juda naba
seJerusalema, ba m lilela ekufeni kwa-
ke, uManasa indodana yake wa busa esi-
kundhleni sake.

## ISAHLUKO 33.

UMANASA wa qala ukubusa e nemi-
nyaka e ishumi nambili, wa busa
eJerusalema iminyaka e ngamashumi a
isihlanu nesihlanu.
2 Kodwa wenza okubi emehlweni ka
Jehova, njengokubi kwabezizwe, a ba
kipileyo uJehova ngapambi kwaba-
ntwana baka Israeli.
3 Ngokuba wa zaka futi izindawo ezi
pakamileyo e be zi wisiwe nguHezekia
uyise, wa misela uBali amalati, wenza
namahlati, wa konza kulo lonke iba-
ndhla lezulu, wa li dumisa.
4 Waka futi amalati endhlini ka Je-
hova, ngayo e be tyilo uJehova, e ti,
eJerusalema igama lami lo ba kona ku
ze ku be ngunapakade.
5 Wakela ibandhla lonke lezulu ama-
lati ezinhlangotini ezimbili zendhlu ka
Jehova.
6 Wenza abantwana bake ukuba ba
dhlule emlilweni esigodini sendodana ka
Hinomi: wa linda izikati, nokukanga-
yo, wa sebenza ngabatakati, nako konke
kwamadhlozi, wenza okubi kakulu eme-
hlweni ka Jehova, uku m vusela ngolaka.
7 Wa misa nesitombe esibaziweyo,
umfanekiso a wenzileyo, endhlini ka
Tixo, uTixo wa e te kuDavida na kuSo-
lomona indodana yake, Ku lendhlu, na-
seJerusalema, e ngi li ketileyo kuzo zo-
nke izizwe zakwa Israeli, ngo beka kona
igama lami ku ze ku be pakade.
8 A ngi yi ku lu susa nakanye unya-
wo luka Israeli ezweni e ngi li ketele
oyihlo benu; ukuze ba qapele ukukwe-
nza konke e ngi ba yaleze kona, nje-
ngawo wonke umteto, nemiyalo, nezi-
miso, ngesandhla sika Mosi.
9 Ngakoke uManasa wa bedusa aba-
kwa Juda neJerusalema, ba dhlula nabe-
zizwe ngobubi, aba be bulewe nguJeho-
va ngapambi kwabantwana baka Israeli.
10 uJehova wa kuluma kuManasa, na
kubantu bake; kodwa ka ba lalelanga.
11 uJehova wa ba fikelake ngezinduna
zesixuku zenkosi ya seAsiria, nabo ba
bamba uManasa emeveni, ba m bopa
ngezinsimbi, ba m yisa eBabulona.
12 Lapo e sekuhlupekeni, wa kala ku-
Jehova uTixo wake, wa zitobisa kakulu
ngapambi ka Tixo wa oyise bake.
13 Wa tandaza kuyena, wa cela, naye
wa kuzwa ukucela kwake, wa m buyise-
la futi embusweni wake eJerusalema.
uManasa wa bonake ukuba uJehova uye-
na uTixo.
14 Ngasemva kwa loku wa haqa umu-
zi ka Davida ngodonga, ngasentyonala-
nga kweGihoni, esigodini, ngasekunge-
neni komyango wenhlanzi, wa haqa no
Ofeli, wa lu kupula kakulu, wa beka izi-
nduna zokulwa emizini yonke ebiyiwe-
yo ya seJuda.
15 Wa susa izitixo ezingaziwayo, nesi-
tombe endhlini ka Jehova, nawo onke
amalati a e wakile entabeni yendhlu ka
Jehova, na seJerusalema, wa wa ntyinga
ngapandhle komuzi.
16 Wa lungisa ilati lika Jehova, wa
hlabela kona izipo zokutula, nezipo zo-
kubonga, wa yaleza abaJuda ukukonza
uJehova uTixo ka Israeli.
17 Noko abantu ba hlabela futi ezinda-
weni ezipakamileyo, kuJehova uTixo
wabo kodwa.
18 Manjeke izenzo ezinye zika Mana-
sa, nomtandazo wake kuTixo wake, na-
mazwi abaprofeti aba kuluma kuyena
egameni lika Jehova uTixo ka Israeli,
bheka a lotyiwe encwadini yamakosi
akwa Israeli.
19 Umtandazo wake futi, nokuncenga
kwake kuJehova, nezono zonke zake

nokungena kwake, nezindawo lapo wa-
ka kona izindawo ezipakamileyo, na la-
po wa misa amahlati nezitombe ezibazi-
weyo, e nga ka tobi; bheka ku lotyiwe
kuyo inkulumo yabaprofeti.
20 Ngako uManasa wa lala nokoko
bake, ba m mbela endhlini yake; no-
Amoni indodana yake wa busa esiku-
ndhleni sake.
21 uAmoni wa qala ukubusa e nemi-
nyaka e ngamashumi amabili nambili,
wa busa eJerusalema iminyaka emibili.
22 Kodwa wenza okubi emehlweni ka
Jehova, njengoManasa uyise: ngokuba
uAmoni wa hlabela zonke izitombe ezi-
baziweyo e zenziwe nguManasa uyise,
wa zi dumisa.
23 A ka zi tobisa kuJehova njengoMa-
nasa uyise; kodwa uAmoni wona kaku-
lu ngapambili.
24 Nezinceku zake za menzela icebo,
za m bulala endhlini yake.
25 Kodwa abantu bezwe ba ba bulala
bonke aba be cebile inkosi uAmoni,
nabantu bezwe benza uJosia indodana
yake ukuba a buse endaweni yake.

## ISAHLUKO 34.

UJOSIA wa qala ukubusa e neminya-
ka e isishiyagalombili, wa busa eJe-
rusalema iminyaka e ngamashumi ama-
tatu nanye.
2 Wenza okulungileyo emehlweni ka
Jehova, wa hamba ngezindhlela zika
Davida uyise, a ka pambuka ngalapa
na ngalapa.
3 Ngokuba ngomnyaka wesishiyagalo-
mbili wokubusa kwake, e se mutya, wa
qala uku m funa uTixo ka Davida uyise:
na ngomnyaka weshumi nambili, wa qa-
la ukususa eJuda neJerusalema izinda-
wo ezipakamileyo, namahlati, nezitombe
ezibaziweyo, nezitombe zebumba.
4 Ba wapula amalati ka Bali e buka
yena; nezitombe, e za zi ngapezu kwa-
wo, wa zi gaula; namahlati, nezitombe
ezibaziweyo, nezebumba, wa zapula, wa
zenza utuli, wa lu fafaza pezu kwamatu-
na abo a e zi hlabela zona.
5 Wa tyisa amatambo abapristi pezu
kwamalati abo, wa hlanza iJuda neJeru-
salema.
6 Wenze njalo nasemizini yakwa Ma-
nasa, noEfraimi, noSimeoni, nakuNaf-
tali, namageja abo futi.
7 Lapo e se wa bidhlizile amalati na-
mahlati, e se zi gaulile nezitombe ezibazi-
weyo za ba utuli, e wisile nezitixo zonke
kulo lonke izwe la seIsraeli, wa buyela
eJerusalema.
8 Kwa ti emnyakeni weshumi nesishi-
yagalombili wokubusa kwake, e se li hla-
nzile izwe, nendhlu, wa tuma uShafani
indodana ka Azalia, noMaseia umbusi
womuzi, noJoa indodana ka Joahazi
umlobi, ukulungisa indhlu ka Jehova
uTixo wake.
9 Lapo se be fikile ku Hilkia umpristi
omkulu, ba m nika imali e ya letwa
endhlini ka Tixo, e ya butwa ngama-
Levi abalindi beminyango, esandhleni
sika Manasa noEfraimi, nensali yonke
yabaIsraeli, nalo lonke iJuda neBenja-
mini; ba buyela eJerusalema.
10 Nabo ba i nika esandhleni sezisebe-
nzi e za zi pezu kwendhlu ka Jehova, ba
i nika izisebenzi e za zi sebenza endhlini
ka Jehova, ukuilungisa indhlu;
11 Ba i nika kwa ba qopayo nabakayo,
ukutenga amatye abaziweyo, nemiti yo-
kuhlanganisa, noku zi gandaya izindhlu
e za bulawa amakosi a seJuda.
12 Abantu ba wenza kahle umsebenzi
lowo; naba be ba mela kwa ku nguJa-
hati no Obadia, amaLevi, amadodana ka
Merari; noZekeria noMeshulama, ama-
dodana amaKohati, uku wu qubekisa;
nabanye bamaLevi, bonke aba be kwazi
uku beta izingumbu.
13 Ba be mela nabatwali bemitwalo,
be mela nabo bonke aba be sebenza; na
kumaLevi kwaku kona abalobi, nezi-
nduna, nabalindi.
14 Lapo be i kipa imali e ya ngeniswa
endhlini ka Jehova, uHilkia umpristi wa
tola incwadi yomteto ka Jehova e nikwe
nguMosi.
15 uHilkia wa m pendula uShafani
umlobi wati, Ngi i tolile incwadi yomte-
to endhlini ka Jehova, uHilkia wa m
nika uShafani incwadi.
16 uShafani wa i yisa enkosini incwa-
di, wa buyisa izwi enkosini, e ti, Ko-
nke okwa nikwa izinceku zako, ba kwe-
nzile.
17 Ba i butile imali e ya tolwa endhlini
ka Jehova, ba i nika esandhleni saba-
meli, na sesandhleni sezisebenzi.
18 uShafani umlobi wa e se i tyela
inkosi, e ti, uHilkia umpristi u ngi ni-
kile incwadi, uShafani wa i funda nga-
pambi kwenkosi.
19 Kwa ti lapo inkosi i wezwile ama-
zwi omteto, ya hxebula izingubo zayo,
20 Inkosi ya yaleza uHilkia, no Ahi-
kamu indodana ka Shafani, noAbdoni

indodana ka Mika, noShafani umlobi, noAsaia inceku yenkosi, e ti,
21 Hambani, ni ngi buzele kuJehova, kanye nensali yabaIsraeli nabaJuda, ni ngi buzele ngamazwi a tolwe ku lenewadi: ngokuba lukulu ulaka luka Jehova olu pezu kwetu, ngokuba obaba betu aba li bambanga izwi lika Jehova, ukwenza ngako konke oku lotyiweyo, ku lenewadi.
22 uHilkia kanye nabo aba ketwa inkosi, ba ya kuHulda umprofetikazi umka Shaluma indodana ka Tikvate, indodana ka Hazra, umlindi wezingubo; (naye wa hlala eJerusalema endhlini yokufunda;) nabo ba kuluma nga lawo mazwi kuyena.
23 Wa ba pendula wa ti, U tyo uJehova uTixo ka Israeli, M tyeleni umuntu o ni tumileyo kimi,
24 U ti uJehova, Bheka, Ngi ya kuleta ububi pezu kwa lendawo, nabantu ba kona, nazo zonke izituko ezilotyiweyo encwadini a ba i fundileyo ngapambi kwenkosi ya seJuda:
25 Ngokuba ba ngi delile mina, ba tyisela ezinye izitixo impepo, ukuba ba ngi vusele ngolaka ngemisebenzi yonke yezandhla zabo; ngako ulaka lwami lu ya kuteleka ku lendawo, lu nga cityi.
26 Kodwa ngenxa yenkosi ya seJuda e ni tumileyo ukubuza kuJehova, ni ya kuti kuyona, u ti uJehova inkosi ka Israeli, ngamazwi o wa zwileyo wena;
27 Ngokuba inhliziyo yako ya i tambile, nawe wa zitobisa kuTixo, lapo u zwayo amazwi ake nga lendawo, nabantu ba kona, wa zitobisa ngapambi kwami, wa hxebula nezingubo zako, wa kala ngapambi kwami; ngi ku zwile wena, u tyo uJehova.
28 Bheka, ngo ku buta kokoko bako, wo ya etuneni lako ngokutula, namehlo ako a ka yi ku bona ububi e ngi ya ku bu letela lendawo, nabantu bakona. Ba li yisake izwi enkosini.
29 Inkosi ya tuma ya buta zonke izikulu za seJuda ne za seJerusalema.
30 Inkosi ya kupuka ya ngena endhlini ka Jehova, nabo bonke aba kwa Juda, naba seJerusalema, nabapristi, namaLevi, nabantu bonke, abakulu nabancane; ya wa funda ezindhlebeni zabo onke amazwi encwadi yesivumelwano e ya tolwa endhlini ka Jehova.
31 Inkosi yema endaweni yayo, yenza isivumelwano ngapambi kuka Jehova, ukulandela uJehova, nokulonda izimemezelo zake, namazwi ake, nemiteto yake, ngenhliziyo yonke yake, na ngompefumulo wonke wake, nokuwenza amazwi esivumelwano a lotyiweyo ku lencwadi.
32 Wenza ukuba bonke aba be kona ba seJerusalema nabaseBenjamini, ukuba beme ngaloko. NabaseJerusalema benza njengesivumelwano sika Tixo, uTixo wa oyise babo.
33 uJosia wa susa zonke izinengiso ezizweni zonke zabantwana baka Israeli wenza ukuba bonke aba be kona e Israeli, ukukonza uJehova uTixo wabo. Na ngazo zonke izinsuku zake aba dedikanga ekulandeleni uJehova, uTixo wa oyise babo.

## ISAHLUKO 35.

UJOSIA wenza ipasika kuJehova eJerusalema: ba li bulala ipasika ngosuku lweshumi nane lwenyanga yakuqala.
2 Wa misa abapristi endaweni yabo, wa benamisa emsebenzini wendhlu ka Jehova.
3 Wa ti kuwo amaLevi a fundisa bonke abaIsraeli, a e ngcwele kuJehova, Bekani umpongolo o ingcwele endhlini e yakiwe nguSolomona indodana ka Davida, inkosi yabaIsraeli; a u yi kuba umtwalo emahlombe enu, konzani manje uJehova uTixo wenu, nabantu bake abaIsraeli.
4 Ni zilungisele ngezindhlu za oyihlo, ngokuma kwenu, njengokuloba kuka Davida inkosi yabaIsraeli, na njengokuloba kuka Solomona indodana yake.
5 Ni me endaweni e ingcwele njengokuma kwezindhlu za oyihlo abafo wenu abantu, na njengezihlukaniso zezindhlu zamaLevi.
6 Ni bulale ipasika, ni zigcobe, ni lungise abafo wenu, ukuba benze njengezwi lika Jehova ngesandhla sika Mosi.
7 uJosia wa nika kubantu emihlambini, amacwane, izipo zonke zepasika, bonke aba be kona, izinkulungwane ezingamakulu a ngamashumi amatatu, nezinkabi ezi izinkulungwane ezintatu; loku kwa ku ngo kwenkosi.
8 Nezikulu za ba nika ngokujabula abantu, abapristi, namaLevi; uHilkia, noZekaria, noJehieli, ababusi bendhlu ka Tixo, ba nikela abapristi ku be okwepasika izipo izinkulungwane ezimbili namakulu a isitupa izinkomo ezincane, nezinkabi ezi ngamakulu amatatu.

9 uKonania futi, noShemaia, no Netaneli, abafo wabo, noHashabia, noJeieli noJozabade induna yamaLevi, ba nika amaLevi izipo zepasika izinkomo ezincane ezi izinkulungwane ezi isihlanu, nezinkabi ezi ngamakulu a isihlanu.

10 Kwa lungiswa, nabapristi bema endaweni yabo, namaLevi kwe yabo, njengesiyalezo senkosi.

11 Ba li bulala ipasika, nabapristi bamukela igazi esandhleni sabo, ba li fafaza, namaLevi a zi bulala.

12 Ba susa izipo ezi tyisiweyo, ukuze ba nike njengokuma kwezindhlu zabantu, ukunikela kuJehova, njengokulotyiweyo encwadini ka Mosi. Benze njalo na sezinkabini.

13 Ba losa ipasika emlilweni njengesimiso: kodwa ezinye izipo ezi ingcwele ba zi bilisa ngamabodwe, na ngezitya, ba kwa hlukanisa masinyane kubantu.

14 Ngasemva ba zilungisela bona, nabapristi; ngokuba abapristi amadodana ka Aroni a e libele ekwabeleni izipo ezityisiweyo namafuta, kwa ze kwa hlwa; ngako amaLevi a zilungisela kanye nabapristi amadodana ka Aroni.

15 Abagwabayo amadodana ka Asafa, a e sendaweni yabo, njengesiyalezo sika Davida, noAsafa, noHemani, noJedutuni umprofeti wenkosi; nabalindi, ba linda njalo kuyo yonke iminyango; balelwa nokuwushiya lowo msebenzi wabo; ngokuba abafo wabo amaLevi a e ba lungisele.

16 Ngako wonke umsebenzi ka Jehova wa lungiswa ngosuku lunye, ukondhla ipasika, nokutyisa izipo pezu kwelati lika Jehova, njengesiyalezo senkosi uJosia.

17 AbakwaIsraeli aba be kona ba londhla ipasika nga leso sikati, nokudhla kwesinkwa esingakukumela izinsuku ezi isikombisa.

18 Ipasika eli njenga lelo lakwa Israeli a li ba nga ko iloku laba sezinsukwini zika Samueli umprofeti; namakosi onke akwa Israeli ka londhlanga ipasika eli njenga lelo lika Josia, nabapristi namaLevi, nabo bonke abaJuda nabaIsraeli ba be kona, naba seJerusalema futi.

19 Lelipasika lenziwa ngonnyaka weshumi nesishiyagalombili wokubusa kuka Josia.

20 Ngasemva kwako konke loku, uJosia e se li lungisile itempeli, uNeko inkosi ya sEgipite ya fika ukulwa noKarshemishi ngasemfuleni uFrate: noJosia wa m pumela.

21 Kodwa yena wa tuma izigijimi kuyena, e ti, Ngi nantoni yako, wena nkosi ya seJuda na? A ngi pumele wena namuhla, kodwa indhlu e ngi xabene nayo; ngokuba uTixo wa ngi yaleza ukuba ngi tyetye: mu yeke wena, uTixo o kimina, ukuze a nga ku bulali.

22 Kodwa uJosia a ka pendukanga, kodwa wa zifihla, ukuba a lwe naye, e nga wa lalenga amazwi ka Neko omlomo ka Tixo, weza kulwa naye esigodini sa seMegido.

23 Nabemicibityolo ba i tyaya inkosi uJosia; ya ti inkosi ezincekwini zayo, Ngi suseni, ngokuba ngi limele kakulu.

24 Izinceku zake za m kipake ku leyo ncwele, za m beka kwenye e ya i kona; za m leta eJerusalema, wa fa, wambelwa kwelinye ituna la oyise. Nabo bonke abaJuda naba seJerusalema ba m lilela uJosia.

25 uJeremia wa m lilela uJosia; nabo bonke abahlabaleli bamadoda na besifazana ba kuluma ngoJosia ekulileni kwabo ku ze ku be namuhla, ba kwenzela indawo eIsraeli; futi, bheka, ku lotyiwe encwadini yezililo.

26 Manjeke ezinye izenzo zika Josia, nokulunga kwake, njengako okwa lotywa emtetweni ka Jehova,

27 Nezenzo zake, ezakuqala nezokugcina, bheka, zi lotyiwe encwadini yamakosi a seIsraeli noJuda.

## ISAHLUKO 36.

ABANTU bezwe ba m tatake uJehoahazi indodana ka Josia, ba menza inkosi eJerusalema endaweni ka yise.

2 uJehoahazi wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nantatu, wa busa eJerusalema izinyanga ezintatu.

3 Nenkosi ya sEgipite ya m susa eJerusalema, ya telisa izwe ngamatalenta a ikulu esiliva na ngetalenta legolide.

4 Inkosi ya sEgipite ya beka uEliakimu umfo wabo pezu kombuso ka Juda neJerusalema, ya pendula igama lake kuJehoiakimu. uNeko wa tata uJehoahazi umfo wabo, wa m yisa Egipite.

5 uJehoiakimu wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, wa busa eJerusalema iminyaka e ishumi nanye: wenza okubi emehlweni ka Jehova uTixo wake.

6 Wa fikelwa uNebukadnezari inkosi
yaseBabulona, wa m bopa ngezinsimbi
uku m yisa eBabulona.
7 uNebukadnezari wa muka nezitya ze-
ndhlu ka Jehova wa zi yisa eBabulona,
wa zi beka etempeleni lake eBabulona.
8 Manjeke ezinye izenzo zika Jehoia-
kimu, nobubi a benzileyo, no kwa bona-
kala kuyena, bheka, zi lotyiwe encwa-
dini yamakosi a seIsraeli noJuda: noJe-
hoiakina indodana yake wa busa enda-
weni yake.
9 uJehoiakina wa qala ukubusa e ne-
minyaka e isishiyagalombili, wa busa
eJerusalema izinyanga ezintatu nezinsu-
ku ezi ishumi; wenza okubi emehlweni
ka Jehova.
10 Lapo se u pelile umnyaka, ya tuma
inkosi uNebukadnezari, ya m leta eBabu-
lona, nezitya ezilungileyo zendhlu ka Je-
hova, wenza uZedekia umfo wabo inkosi
pezu kweJuda neJerusalema.
11 uZedekia wa qala ukubusa e nemi-
nyaka e ngamashumi amabili nanye,
wa busa eJerusalema iminyaka e ishu-
mi nanye.
12 Wenza okubi emehlweni ka Jehova
uTixo wake, a ka zitobisa ngapambi ku-
ka Jeremia umprofeti okuluma okomlo-
mo ka Jehova.
13 Wa hlubuka futi kuNebukadnezari
inkosi, o wa m fungisa ngoTixo: kodwa
wa yenza lukuni intamo yake, nenhli-
ziyo yake ekubuyeni kuJehova uTixo
ka Israeli.
14 Futi zonke izikulu zabapristi, naba-
ntu, beduka kakulu ngezinengiso zabe-
zizwe; ba ngcolisa indhlu ka Jehova, a
e yenze ngcwele eJerusalema.
15 uJehova uTixo wa oyise babo wa
e tumela kubona ngezinceku zake, e
vuka njalo e tuma; ngokuba wa ba
dabukela abantu bake, nendawo yake
yokuhlala:
16 Kodwa ba zeyisa izigijimi zika
Tixo, ba wa delela amazwi ake, ba hlupa
nabaprofeti bake, lwa ze lwa vuka ulaka
luka Jehova kubantu bake, a lwa biko
nolungiso.
17 Wa ba letela inkosi yamaKaldi,
ya bulala izinsizwa zabo ngenkemba
endhlini yabo e ingcwele, a ka dabukela
nansizwa nantombi, naxegu, naye ogo-
biswe ubudala: wa ba nika bonke esa-
ndhleni sake.
18 Nezitya zonke zendhlu ka Tixo,
ezikulu nezincane, namagugu endhlu ka
Jehova, namagugu enkosi, na wezikulu
zake; konke loku wa ku leta eBabulona.
19 Ba i tyisa indhlu ka Tixo, ba wisa
nodonga lweJerusalema, ba tyisa zonke
izindhlu zakona ngomlilo, ba bulala zo-
nke izitya ezihle zakona.
20 Nabo aba punyuka kuyo inkemba
wa ba yisa eBabulona; ba ba izinceku
zake kona, namadodana ake, kwa ze
kwa ngena umbuso wePersia:
21 Ukugcwalisa izwi lika Jehova ngo-
mlomo ka Jeremia, izwe li ze li jabule
ngamasabata alo: ngokuba ekucitaka-
leni kwalo la dumisa isabata, ukugcwa-
lisa iminyaka e ngamashumi a isiko-
mbisa.
22 Kwa ti ngomnyaka wokuqala ka
Kuresi inkosi ya sePersia, izwi lika Je-
hova li kulunywa ngomlomo ka Jere-
mia li gcwaliseke, uJehova wa i xukuza
inhliziyo ka Kuresi inkosi ya sePersia,
ngako wenza isiyalezo kuwo wonke
umbuso wake, wa si beka na sencwadi-
ni, e ti,
23 U ti uKuresi inkosi ya sePersia,
uJehova uTixo wezulu u ngi nikile yo-
nke imibuso yomhlaba; naye wa ngi
yaleza ukuba ngi makele indhlu eJeru-
salema eli seJuda. Ubani o kinina ku-
bantu bonke bake na? uJehova uTixo
wake ma ka be naye, a kupuke yena.

---

INCWADI KA

# UEZRA.

## ISAHLUKO 1.

NGOMNYAKA wokuqala ka Kuresi
inkosi ya sePersia, ukuba izwi lika
Jehova ngomlomo ka Jeremia li qinise-
seke, uJehova wa vusa inhliziyo ka Ku-
resi inkosi ya sePersia, wa memezela
embusweni wonke wake, na ngokubala,
wa ti;

2 U tyo uKuresi inkosi ya sePersia, ukuti ; uJehova wa sezulwini u ngi pile imibuso yonke yomhlaba; u ngi yalile ukuba ngi m akele indhlu eJerusalema eli seJudia.

3 Ku kona ubani pakati kwenu wabantu bonke bake na? uTixo wake a ka be naye, a kupukele eJerusalema eli seJudia, ake indhlu ka Jehova uTixo waba Israeli, (uyena uTixo) e seJerusalema.

4 Lowo o sele endaweni lapa e hlezi kona, abantu ba sendaweni yake a ba m size ngesiliva, negolide, nempahla, nezilwane, kanye nomnikelo wesihle wendhlu ka Tixo e seJerusalema.

5 Kona ba suka abakulu ba oyise baka Juda noBenjamini, nabapristi, nabaLevi, kanye nabo bonke, uTixo a be vusile izinhliziyo zabo ukuba ba kupuke, ba yake indhlu ka Jehova e seJerusalema.

6 Ba ti bonke abakelene nabo ba ba siza ngezitya zesiliva, ngegolide, ngempahla na ngezilwane, na ngezinto ezi igugu, ngapandhle kwako konke okwa piwa ngesihle.

7 Njalo inkosi uKuresi ya kipa izitya zendhlu ka Jehova uNebukadnezari a be zi kipile eJerusalema, wa zi beka endhlini yotixo bake.

8 Wa zi kipa uKuresi inkosi ya sePersia, ngesandhla sika Mitredate, umlondi wemali, wa zi balela kuSheshebazare induna yabaJuda.

9 Loku ku ubiningi bazo; izitya zegolide za ba ezi amashumi amatatu, izitya zesiliva ezi inkulungwane, omesi aba mashumi amabili na shiyagalolunye.

10 Izitya zegolide ezi mashumi matatu, izitya zesiliva zohlobo lwesibili ezi makulu amane neshumi, ezinye izitya ezi inkulungwane.

11 Zonke izitya zegolide nesiliva za zi izinkulungwane ezinhlanu namakulu amane. Zonke lezi wa zi kupula uSheshebazare kanye naba be tunjiwe a ba kutyulwa eBabulona ukuya eJerusalema.

## ISAHLUKO 2.

LABA ba ngabantwana besizwe aba kupuka ekuteliswení, bona aba be tunjiwe nguNebukadnezari inkosi ya seBabulona, wa ba yisa eBabulona, ba buyela eJerusalema na seJudia, kwa yilowo wa ya emzini wake.

2 Aba fika noZerubabeli; uJeshua, uNehemia, uSeraia, uRelaia, noMordekai, uBilshane, uMizpare, uBigvai, uRehume, noBana. Ukuma kwabantu besizwe sika Israeli.

3 Abantwana baka Paroshe, izinkulungwane ezimbili nekulu namashumi a isikombisa nambili.

4 Abantwana baka Shefetia, amakulu amatatu namashumi a isikombisa nambili.

5 Abantwana baka Ara, amakulu a isikombisa namashumi a isikombisa nesihlanu.

6 Abantwana baka Pahatimoabi, babantwana baka Jeshua noJoabi, izinkulungwane ezimbili namakulu a shiyagalolunye neshumi nambili.

7 Abantwana baka Elami, inkulungwane namakulu amabili namashumi a isihlanu nane.

8 Abantwana baka Zatu, amakulu a shiyagalolunye namashumi amane nesihlanu.

9 Abantwana baka Zakai, amakulu a isikombisa namashumi a isitupa.

10 Abantwana baka Bani, amakulu a isitupa namashumi amane nambili.

11 Abantwana baka Bebai, amakulu a isitupa namashumi amabili nantatu.

12 Abantwana baka Azgade, inkulungwane namakulu amabili namashumi amabili nambili.

13 Abantwana baka Adonikamu, amakulu a isitupa namashumi a isitupa nesitupa.

14 Abantwana baka Bigvai, izinkulungwane ezimbili namashumi a isihlanu nesitupa.

15 Abantwana baka Adine, amakulu amane namashumi a isihlanu nane.

16 Abantwana baka Atere, ka Hezekia, amashumi a shiyagalolunye nashiyagalombili.

17 Abantwana baka Bezai, amakulu amatatu namashumi amabili nantatu.

18 Abantwana baka Jora, ikulu neshumi nambili.

19 Abantwana baka Hashume, amakulu amabili namashumi amabili nantatu.

20 Abantwana baka Gibare, amashumi a shiyagalolunye nesihlanu.

21 Abantwana ba seBetlehema, ikulu, namashumi amabili nantatu.

22 Abantu ba seNetofa, amashumi a isihlanu nesitupa.

23 Abantu ba seAnatoti, ikulu namashumi amabili nashiyagalombili.

24 Abantwana ba seAzmavete, amashumi amane nambili.

25 Abantwana ba seKirjatarimi, neKefira neBerote, amakulu a isikombisa namashumi amane nantatu.

26 Abantwana ba seRama neGaba, amakulu a isitupa namashumi amabili nanye.

27 Abantu ba seMikmasi, ikulu namashumi amabili nambili.

28 Abantu ba seBeteli neAi, amakulu amabili namashumi amabili nantatu.

29 Abantwana ba seNebo, amashumi amahlanu nambili.

30 Abantwana ba seMagbishe, ikulu namashumi a isihlanu nesitupa.

31 Abantwana baka Elami omunye, inkulungwane namakulu amabili namashumi a isihlanu nane.

32 Abantwana baka Harimo, amakulu amatatu namashumi amabili.

33 Abantwana ba seLodi, neHadidi neOno, amakulu a isikombisa namashumi amabili nesihlanu.

34 Abantwana ba seJeriko, amakulu amatatu namashumi amane nesihlanu.

35 Abantwana ba seSena, izinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa namashumi amatatu.

36 Abapristi; abantwana baka Jedaia abendhlu ka Jeshua, amakulu a shiyagalolunye namashumi a isikombisa nesihlanu.

37 Abantwana baka Imere, inkulungwane namashumi a isihlanu nambili.

38 Abantwana baka Pashure, inkulungwane namakulu amabili namashumi amane nesikombisa.

39 Abantwana baka Harimo, inkulungwane neshumi nesikombisa.

40 AbaLevi; Abantwana baka Jeshua noKadmieli, babantwana baka Hodavia, amashumi a isikombisa nane.

41 Abahlabeleli; abantwana baka Asafa, ikulu namashumi amabili nashiyagalombili.

42 Abantwana babalindiminyango; abantwana baka Shaluma, nabantwana baka Atere, nabantwana baka Talmona, nabantwana baka Akuba, nabantwana baka Hatita, nabantwana baka Shobai, bonke ikulu namashumi amatatu nashiyagalolunye.

43 AbaNetini; abantwana baka Ziha, nabantwana baka Hasufa, nabantwana baka Tabaote.

44 Abantwana baka Kerosi, abantwana baka Siaha, abantwana baka Padona.

45 Abantwana baka Lebana, abantwana baka Hagaba, abantwana baka Akuba.

46 Abantwana baka Hagabe, abantwana baka Shalmai, abantwana baka Hanani.

47 Abantwana baka Gidele, abantwana baka Gahare, abantwana baka Reaya.

48 Abantwana baka Rezina, abantwana baka Nekoda, abantwana baka Gazamu.

49 Abantwana baka Uza, abantwana baka Pasea, abantwana baka Besai.

50 Abantwana baka Asna, abantwana baka Mehunime, abantwana baka Nefusime.

51 Abantwana baka Bakbuki, abantwana baka Hakufa, abantwana baka Harhure.

52 Abantwana baka Bazlute, abantwana baka Mehida, abantwana baka Harosha.

53 Abantwana baka Barkose, abantwana baka Sisera, abantwana baka Tama.

54 Abantwana baka Nezia, abantwana baka Hatifa.

55 Abantwana bezinceku zika Solomona; abantwana baka Sotai, abantwana baka Soferete, abantwana baka Perida.

56 Abantwana baka Jala, abantwana baka Darkona, abantwana baka Gidele.

57 Abantwana baka Shefetia, abantwana baka Hatila, abantwana baka Poherete-zabaimu, abantwana baka Ami.

58 Bonke abaNetini, nabantwana bezinceku zika Solomona ba be ngamakulu amatatu namashumi a shiyagalolunye nambili.

59 Laba ba ngabakupukayo eTelmela, eTelharsa, eKerube, eAdane na seImere; kepa ba be nge nakutyela izindhlu za oyise babo, nokuzalwa kwabo, ukuba ba ngabaka Israeli.

60 Abantwana baka Delaia, abantwana baka Tobia, abantwana baka Nekoda, amakulu a isitupa namashumi a isihlanu nambili.

61 Abantwana babapristi; abantwana baka Habaia, abantwana baka Kozi, abantwana baka Bazilai, owa tabata umfazi ezintombini zika Bazilai, umGiladi, wa bizwa ngegama lazo.

62 Laba ba funa ukubalwa kwabo pakati kwababalwayo ngokuzalwa kwabo, kodwa ka ba funyanwanga kona, ba kitywa kubupristi ngokungati babi.

63 Ya ti Inkosi kubo, a ba sa yi kudhla oku ingcwele ku ze ku vele umpristi o noUrime noTumime.

64 Se be hlanganisiwe bonke ndawonye ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nambili namakulu amatatu namashmi a isitupa.

65 Ngapandhle kwezisebenzi zabó zesilisa nezesifazana; lezo za zi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu amatatu namashumi amatatu nesikombisa; ba be kona kuzo abahlabelelayo besilisa nabesifazana aba ngamakulu amabili.

66 Amahashi abo a be ngamakulu a isikombisa namashumi amatatu nesitupa; izimbongolo zabo amakulu amabili namashumi amane nesihlanu.

67 Amakamelo abo a be ngamakulu amane namashumi amatatu nesihlanu; izinjomane zabo za zi izinkulungwane ezi isitupa namakulu a isikombisa namashumi amabili.

68 Ba ti aba izikulu za oyise ekuzeni kwabo endhlini ka Jehova e seJerusalema, ba nikela indhlu ka Tixo ngesihle ukuba i miswe endaweni yayo.

69 Ba nikela njengamandhla abo endaweni yeminikelo yemisebenzi, amadarike egolide a izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa nanye, nezilinganiso zesiliva ezi izinkulungwane ezi isihlanu, nezingubo zabapristi ezi ikulu.

70 Njalo abapristi nabaLevi, nabanye abantu, nabahlabeleli, nabalindiminyango, nabaNetini, baka ba hlala emizini yabo, nabaIsraeli bonke ba hlala emizini yabo.

ISAHLUKO 3.

SE ku fikile inyanga yesikombisa, abantwana baka Israeli se be semizini, abantu ba butanela ndawonye eJerusalema.

2 Kona wa suka uJeshua indodana ka Jozadake, nabafo wabo abapristi, noZerubabeli indodana ka Shealtiele nabafo wabo, baka ilati lika Tixo wabo Israeli, ukuba ba nikele pezu kwalo iminikelo yokutya njengokulotyiweyo emtetweni ka Mosi umuntu ka Tixo.

3 Ba li misa ilati pezu kwezisekelo zalo; ngokuba ba be nokwesaba ngabantu ba lawomazwe; ba nikela pezu kwalo iminikelo yokutya kuJehova, iminikelo yokutya kusasa nakusihlwa.

4 Ba londa umhlangano wamadokodo njengokubaliweyo, ba nikela iminikelo yokutya imihla ngemihla, ngokubala, njengomteto, into yosuku ngosuku lwayo.

5 Na ngasemva kwaloko, ba nikela umnikelo wokutya wemihla ngemihla, neyezinyanga ezitwasileyo, neyemihlangano yonke ka Jehova, ehlukanisiweyo, neyabo bonke aba nikela ngesihle iminikelo yesihle kuJehova.

6 Ngosuku lokuqàla lwenyanga yesikombisa ba qala ukunikela iminikelo yokutya kuJehova. Kodwa sa si nga ka bekwa isisekelo setempeli lika Jehova.

7 Ba nika ababaza amatye nababaza imiti imali; ba nika aba seZidoni naba seTire ukudhla nokupuza namafuta, ukuba ba tabate imiti yesedare eLebanoni, ba yi yise elwandhle lwa seJopa, njengokuvuma kuka Kuresi inkosi ya sePersia.

8 Ngomnyaka wesibili wokuza kwabo endhlini ka Tixo eJerusalema, ngenyanga yesibili, ba qala oZerubabeli indodana ka Shealtiele, noJeshua indodana ka Jozadake, nabafo wabo abaseleyo, abapristi nabaLevi, nabo bonke aba be vela ekutelisweni be za eJerusalema, ba qala ba misa abaLevi, aba neminyaka engamashumi amabili na ngapezulu, ukuba ba bonise umsebenzi wendhlu yeNkosi.

9 Kwa suka kanye uJeshua namadodana ake, nabafo wabo, noKadmieli namadodana ake, amadodana ka Juda, ukuba ba bonise izisebenzi zendhlu ka Tixo; namadodana ka Henadade, namadodana abo, nabafo wabo abaLevi.

10 Abaki be sa beka isisekelo setempeli lika Jehova, ba misa abapristi, be hlobile, be namatilongo, nabaLevi amadodana ka Asafa, be nezingubu, ukuba ba m dumise uJehova ngemiyalo kaDavida inkosi ya seIsraeli.

11 Ba hlabelela be m dumisa ngokumbonga uJehova; ngokuba e lungile, ngokuba umusa wake u pakade kubaIsraeli. Abantu bonke ba hlokoma ukuhlokoma okukulu be sa m dumisa uJehova, ngokubekwa kwesisekelo sendhlu ka Jehova.

12 Kepa abaningi kubapristi nabaLevi naba izikulu za oyise, abadala, a be be bonile indhlu yokuqala, si sa bekwa isisekelo sa lendhlu pambi kwamehlo abo, ba kala ngezwi elikulu, kepa abaningi ba memeza kakulu ngokutokoza.

13 Ba ti abantu ba be nge nakwahlukanisa udumo lokuhlokoma kokutokoza, nodumo lokuhlokoma kokukala kwabantu; ngokuba abantu be hlokoma ngokuhlokoma okukulu, udumo lwezwakala kude.

## ISAHLUKO 4.

LAPO se zi zwile izita zabaJuda naba-Benjamini ukuti, abatunjwayo be be makela uJehova uTixo wabaIsraeli item-peli;
2 Za se zi za kuZerubabeli na kuzo izikulu za oyise, za ti kuzo; Ma sake nani; ngokuba si konza uTixo wenu njengani; si m hlabela kuqala emihleni ka Esarhadone inkosi ya seAsiria o wa si kupulela lapa.
3 Kodwa uZerubabeli noJeshua nezinye izikulu za oyise zika Israeli, za ti kubo, A ni namsebenzi nati ukwakela uTixo wetu indhlu; loku tina sodwa si ya kumakela uJehova uTixo wabaIsraeli, njengokuyala kwenkosi uKuresi, inkosi ya sePersia.
4 Kona abantu ba lelozwe ba nqenisa abantu ba seJudia, ba ba kataza ekwakeni.
5 Ba tola ababaceebayo ba ba kokela, ukuba ba cite umcebo wabo, izinsuku zonke zika Kuresi inkosi ya sePersia, kwa za kwa busa uDarisu inkosi ya sePersia.
6 Ekubuseni kuka Ahashveroshe, ekuqaleni kokubusa kwake, ba bala incwadi yokueeba abantu ba seJudia naba seJerusalema.
7 Emihleni ka Artasasta, uBishlamu, noMitredate noTabele, nabanye abahlanganyele naye, ba loba kuArtasasta, inkosi ya sePersia; incwadi ya balwa ngokwaba seSiria ya kumshelwa ngokwaba seSiria.
8 uRehume inkosi yokwahlula, noShimshai umbali, ba bala incwadi kuArtasasta yokueeba aba seJerusalema, yokuti;
9 Ngaleso sikati ba loba oRehume inkosi yokwahlula noShimshai umbali, nabanye abahlanganyele nabo; amaDine, nabaAfarsake, namaTapele, namaAfarese, namaArkeve, naba seBabulona, naba seSusa, namaDehave namaElami.
10 Nezinye izizwe a zi tabatayo uAsnapere omkulu odumileyo, wa ba hlalisa emizini ya seSamaria, nabanye aba nganeno komfula, nokunjalo.
11 Loku ku ukubalwa kwencwadi aba i tumayo kuye, kuArtasasta inkosi; Izinceku zako, abantu ba nganeno komfula, nokunjalo.
12 A kwaziwe enkosini ukuti, abaJuda aba kupuka kuwe ukuza kitina, se be fikile eJerusalema, ba saka lomuzi ohlubukayo owonakele, se be qedile izindonga, ba lungisile izisekelo.
13 A kwaziwe kaloku enkosini ukuti, uma lomuzi wakiwa, zi pelele izindonga, a ba yi ku nika isitelo, umnikelo nenkokelo, njalo u ya kuwona amakosi.
14 Kaloku ngokuba sondhliwe inkosi, na ngokuba ku nga fanele si bone inkosi youiwa; ngaloku si tuma, si bika enkosini;
15 Ukuba ku hlolwe encwadini yokukumbuza ya oyihlo bako; njalo u ya kufumana enewadini yokukumbuza, wazi ukuti, lomuzi u ngumuzi ohlubukayo, owonayo amakosi namazwe, nokuti benza ukuhlubuka pakati kwawo endulo; ngaloko lomuzi wa eitwa.
16 Si bika enkosini si ti, uma wakiwa lomuzi, zi qedwa izindonga zawo, kona a ku yi kuba nandao nganeno komfula.
17 Kwa ti inkosi ya tuma izwi koRehume inkosi yokwahlula, noShimshai umbali, na kwabanye abahlanganyele nabo aba hlala eSamaria, na kwabanye aba ngapesheya komfula, lokuti; Ukubusa, nokunjalo.
18 Incwadi ena i tumayo kitina ya fundwa kahle pambi kwami.
19 Nga memezela umteto, kwa hlolwa, kwa funyanwa, ukuti, lomuzi endulo wa vukela amakosi, kwenziwa ukuhlubuka nokupitizisa pakati kwawo.
20 Kwa ku kona pezu kweJerusalema amakosi a namandhla, a be busa amazwe onke a ngapesheya komfula; a piwa inkokelo nomnikelo nesiteliso.
21 A'ke ni memezele umteto wokutiya laba bantu, ukuba ku ngakiwa lomuzi, ngi ze ngi memezele umteto.
22 Xwayanike ukuba ni nga puti ngaloku; funa ku kule icala li wone amakosi.
23 Kona, ukubalwa kwencwadi ka Artasasta inkosi se ku fundiwe pambi kuka Rehume noShimshai umbali, nabahlanganyele nabo, ba tyetya ba ya eJerusalema kubaJuda, ba ba tiya ngomkono na ngamandhla.
24 Kona kwa nqamuka umsebenzi wendhlu ka Tixo e seJerusalema. Kwa nqamuka kwa za kwa ba umnyaka wesibili wokubusa kuka Darisu inkosi ya sePersia.

## ISAHLUKO 5.

KWA ti abaprofeti, uHagai umprofeti, noZekeria indodana ka Ido, ba ya ba profeta kubaJuda aba seJudia na seJerusalema, ngegama lika Tixo wabaIsraeli, ku bona.

2 Kona kwa suka uZerubabeli indo-
dana ka Shealtiele, noJeshua indoda-
na ka Jozadake, ba qala ukwaka indhlu
ka Tixo e seJerusalema; kwa ba kona
nabo abaprofeti baka Tixo be ba siza.
3 Ngaleso sikati kweza kubo uTatnai
inkosi e nganeno komfula, noShetar-
boznai, nabahlanganyele nabo, ba tyo
kubo, ukuti, Kwa menyezelwa ubani ki-
nina ukwaka lendhlu nokuqeda lolu
donga?
4 Kona sa tyo kubo ukuti; Obani ama-
gama abantu aba yaka lendhlu?
5 Kodwa iso lika Tixo wabo be li pe-
zu kwamalunga abaJuda, ba be nga ba
tiyile, kwa za kwa fika leyondaba kuDa-
risu; kona ba pendula ngenewadi nga-
leyonto.
6 Ukubalwa kwenewadi aba i tumayo
kuDarisu inkosi, uTatnai inkosi e nga-
neno komfula, noShetarboznai nabahla-
nganyele naye, abaAfarsake aba ngane-
no komfula;
7 Ba tuma inewadi kuye, okwa lotywa
kuyo ngokuti; A ku be ukutula konke
kuDarisu.
8 A kwaziwe enkosini ukuti, sa ya
ezweni la seJudia, endhlini ka Tixo
omkulu; yakiwa ngamatye amakulu,
imiti i fakwa ezindongeni; ku setye-
nzwa ngokukutala lomsebenzi, u ya lu-
nga ezandhleni zabo.
9 Kona sa buza lawa malunga, sa tya
kuwo ukuti, Kwa menyezelwa ubani
kinina umteto, ukuba nake leyondhlu,
ni qede lezi zindonga?
10 Sa ba buza namagama abo, ukuba si
ku tyele, ukuba si bale amagama abantu
aba izikulu kubo.
11 Ba si pendula ngokuti, Si izinceku
zika Tixo wa sezulwini na semhlabeni,
si yaka indhlu eyakiwa ngapambili le-
minyaka emiuingi, ya yaka ya i qeda
inkosi enkulu yabaIsraeli.
12 Kepa obaba betu se be m tukuteli-
sile uTixo wa sezulwini, wa ba nikela
esandhleni sika Nebubukadnezari inko-
si ya seBabulona, umKaldi, wa i cita
leyondhlu, wa ba tumba, wa ba yisa
abantu eBabulona.
13 Kodwa ngomnyaka wokuqala ka
Kuresi inkosi ya seBabulona, uKuresi
inkosi wa memezela umteto wokuba
kwakiwe lendhlu ka Tixo.
14 Futi izitya zegolide nezesiliva ze-
ndhlu ka Tixo, e za kitywa uNebuka-
dnezari etempeleni eli seJerusalema, wa
zi yisa etempeleni la seBabulona, lezo
uKuresi inkosi wa zi kipa etempeleni la
seBabulona, wa zi nika komunye ogama
lake li nguSheshebazare, a be m bekile
induna.
15 Wa ti kuye, Tabata lezi zitya, u ye,
u zi yise etempeleni eli seJerusalema,
indhlu ka Tixo ma yakiwe endaweni
yayo.
16 Kona wa fika uSheshebazare lowo,
wa beka isisekelo sendhlu ka Tixo e se-
Jerusalema; ya i sakiwa iloku ku ze ku
be manje, kepa a i ka peleli.
17 Uma ku lungile enkosini a ke ku
hlolwe endhlini yemfuyo yenkosi, e ko-
na eBabulona, ukuba kwa menyezelwa
umteto uKuresi inkosi wokuba kwaki-
we lendhlu ka Tixo e seJerusalema,
inkosi ma i tume kitina intando yayo
nga lomsebenzi.

## ISAHLUKO 6.

KONA uDarisu inkosi wa misa umte-
to, kwa hlolwa endhlini yezinewa-
di lapo kwa bekelelwa kona imfuyo
eBabulona.
2 Kwa funyanwa eAkmeta esigo-
dhlweni oku sezweni la seMedia, inewa-
di okwa lotywa kuyo isikumbuzo so-
kuti;
3 Ngomnyaka wokuqala ka Kuresi
inkosi, lowo uKuresi inkosi, wa misa
umteto ngendhlu ka Tixo eJerusalema
ngokuti; Ma kwakiwe indhlu, lapa kwa
nikelwa kona iminikelo, zi bekwe izise-
kelo zayo, ubude bayo pezulu bu be ama-
kubiti a ngamashumi a isitupa; ububa-
nzi bayo amakubiti a ngamashumi a
isitupa;
4 A ku be izindwendwe ezintatu za-
matye amakulu, nodwendwe lunye lwe-
miti emitya; a ku nikwe inkokelo e vela
endhlini yenkosi;
5 Futi izitya zegolide nesiliva uNebu-
kadnezari a zi kipa etempeleni eli seJe-
rusalema, wa zi yisa eBabulona, ma zi
buyiselwe, zi yiswe etempeleni eli se-
Jerusalema, ku be ileso endaweni yaso,
zi bekwe endhlini ka Tixo.
6 Ngaloku, Tatnai, induna e pesheya
komfula, noShetarboznai, nani abahla-
nganyele nabo abaAfarsake, aba peshe-
ya komfula, a ni be kude lapo.
7 Ni yeke umsebenzi wa lendhlu ka
Tixo; induna yabaJuda namalunga aba-
Juda ma ba yake lendhlu ka Tixo enda-
weni yayo.
8 Ngi memezela umteto ngaloku eni
ya kukwenza kulawa malunga abaJuda,

ukuba kwakiwe lendhlu ka Tixo, a ku
nikwe kulaba bantu manje inkokelo i
vela kuyo imfuyo yenkosi, e isitelo sa
ngapesheya komfula, ukuba ba nga
tiywa.
9 Naloko okufunwayo, izinkabi ezi-
ntya, nezinqama, namaundhlu, ku be
iminikelo yokutya ka Tixo wa sezulwi-
ni, nokolweni, nosaoti, newaini, nama-
futa, njengokutyo kwabapristi aba seJe-
rusalema, ma ba ku piwe imihla ngemi-
hla, ku nga puti;
10 Ukuba ba nikele iminikelo e no-
lwasi ku Tixo wa sezulwini, ba kulekele
ukupila kwenkosi namadodana ayo.
11 Ngi memezela umteto wokuti; lo-
muntu o za kupendulela lelizwi, umuti
ma u kitywe endhlini yake, a panye-
kwe, a betelwe kuwo; indhlu yake
ma yenziwe i be indawo yezibi ngenxa
yaloku.
12 uTixo o hlalisile igama lake kona,
ma a wise amakosi onke nabantu aba ya
kubeka isandhla ukuipendulela nokui-
cita leyondhlu ka Tixo e seJerusalema.
Mina Darisu, ngi memezele umteto, a
kwenziwe masinyane.
13 Kona uTatnai induna e nganeno
komfula, noShetaboznai, nabahlanga-
nyele nabo; benza masinyane njengo-
kutunywa uDarisu inkosi.
14 Amalunga abaJuda aka, a busa ngo-
kuprofeta kuka Hagai, umprofeti, noZe-
keria indodana ka Ido. Baka, ba qeda,
ngomteto ka Tixo wabaIsraeli, na ngo-
mteto ka Kuresi, noDarisu, noArtasasta
inkosi ya sePersia.
15 Leyondhlu ya qedwa ngosuku lwe-
sitatu lwenyanga uAdare, oku ngo-
mnyaka wesitupa wokubusa kuka Da-
risu inkosi.
16 Ba ti abantwana baka Israeli, naba-
pristi, nabaLevi, nabanye abatunjiweyo
ba londa ukwahlukanisa kwa lendhlu
ka Tixo, be tokoza.
17 Ekwahlukaniseni kwa lendhlu ka
Tixo, ba nikela izinkabi ezi ikulu, nezi-
nqama ezi ngamakulu amabili, nama-
undhlu a ngamakulu amane; ku be
umnikelo wezono ngabaIsraeli bonke,
kwa nikelwa izimpongo zezimbuzi ezi
ishumi nambili, ngokuma kwezizwe za-
baIsraeli.
18 Ba misa abapristi ngezahlukaniso
zabo, nabaLevi ngokuhlelwa kwabo, ba
be senkonzweni ka Tixo e seJerusalema;
njengokubaliweyo encwadini ka Mosi.
19 Izitunjwa za londa ipasika ngo-
suku lweshumi nane lwenyanga yoku-
qala.
20 Ngokuba abapristi nabaLevi ba zi-
hlambulula kanye, bonke ba be hlambu-
lulekile, ba hlaba ipasika, ba zihlabela,
bona nabatunjiweyo bonke, nabapristi
abafo wabo.
21 Ba ti abantwana baka Israeli, aba
be buyile ekuteliswenі, nabo bonke aba
be shiyile imikuba emibi yezizwe za lelo-
zwe ba hlangana nabo, ukuba ba m ko-
nze uJehova uTixo wabaIsraeli ba dhla,
22 Ba londa umhlangano wesinkwa e
si nge nambiliso, izinsuku ezi isikombi-
sa, be tokoza; ngokuba uJehova wa e ba
tokozisile, wa i guqulela inhliziyo ye-
nkosi ya seAsiria kubona, ukuba ku qi-
niswe izandhla zabo emisebenzini ye-
ndhlu ka Tixo wabaIsraeli.

## ISAHLUKO 7.

KWA ti emva kwaloku, ekubuseni ku-
ka Artasasta inkosi ya sePersia,
uEzra indodana ka Seraia, indodana ka
Azaria, indodana ka Hilkia.
2 Indodana ka Shaluma, indodana ka
Zadoki, indodana ka Ahitubi.
3 Indodana ka Amaria, indodana ka
Azaria, indodana ka Meraioti.
4 Indodana ka Zerahia, indodana ka
Uzi, indodana ka Buki.
5 Indodana ka Abishua, indodana ka
Finehasi, indodana ka Eleazari, indoda-
na ka Aroni umpristi omkulu;
6 uEzra lowo wa kupuka eBabulona;
wa e umbali o hlakanipileyo emtetweni
ka Mosi, a u nikiweyo nguJehova uTixo
wabaIsraeli; inkosi ya m nika konke
a ku celayo, si se pezu kwake isandhla
sika Jehova uTixo wake.
7 Kwa kupuka aba kubantwana baka-
Israeli, nabapristi, nabaLevi, nabahlabe-
leli, nabalindiminyango, nabaNetini, ba
ya eJerusalema ngomnyaka wesikombi-
sa ka Artasasta inkosi.
8 Weza eJerusalema ngenyanga yesi-
tupa, oku ngowomnyaka wesikombisa
wenkosi.
9 Ngokuba ngosuku lokuqala lwenya-
nga yokuqala, wa qala ukukupuka eBa-
bulona, na ngosuku lokuqala lwenyanga
yesihlanu, wa fika eJerusalema, si se
pezu kwake isandhla esilungileyo sika
Tixo wake.
10 Ngokuba uEzra wa be e i bekile
inhliziyo yake ukufuna umteto ka Jeho-
va, nokuwenza, nokufundisa kubaIsraeli
izimiso nemiyalo.

11 Loku ku ukubalwa kwenewadi,
inkosi uArtasasta ya i nika kuEzra
umpristi, umbali, umbali wamazwi emi-
yalo kaJehova, nowezimiso zake kuba-
Israeli.
12 uArtasasta inkosi yamakosi, ku-
Ezra umpristi, umbali womteto ka Tixo
wa sezulwini, o peleleyo, nokunjalo.
13 Ngi memezele umteto wokuba bo-
nke embusweni wami kubantu bakwa-
Israeli, nabapristi babo, nabaLevi aba-
tanda ukuya eJerusalema, ba hambe
nawe.
14 Loku u tunywa inkosi nompakati
wayo aba isikombisa, ukubuza indaba
ya seJudia ne ya seJerusalema, ngomteto
ka Tixo wako o nawo;
15 Nokuyisa isiliva negolide, inkosi
nompakati aba li nikele ngesihle ku-
Tixo wabaIsraeli, ondhlu yake i seJeru-
salema,
16 Nalo lonke isiliva negolide o nga li
fumana ezweni lonke la seBabulona, ka-
nye nomnikelo wesihle wabantu naba-
pristi, aba nikelayo ngesihle indhlu ka
Tixo e seJerusalema;
17 Ukuba u tyetye u tenge nga lemali
izinkabi, nezinqama, namaundhlu nemi-
nikelo yokudhla yazo, neminikelo yoku-
puza yazo, u ku nikela elatini lendhlu
ka Tixo wako e seJerusalema.
18 Loko okuhle kuwe na kubafo wenu
ukwenza ngelinye isiliva negolide elise-
leyo, a ke ni kwenze ngokwentando ka
Tixo wenu.
19 Izitya o zi nikelwe umsebenzi we-
ndhlu ka Tixo wako, zi buyisele pambi
kuka Tixo wa seJerusalema.
20 Okunye o ku swelekileyo endhlini
ka Tixo wako, oku fanele ukunika,
ku nike okwasendhlini yemfuyo ye-
nkosi.
21 Mina Artasasta inkosi, ngi me-
mezele umteto kinina nonke abalonda
imfuyo e nga pesheya komfula, wokuba
konke, uEzra umpristi, umbali womteto
ka Tixo wa sezulwini, a za ku kubiza
kinina, a kwenziwe masinyane.
22 Ku be amatalenta esiliva a ikulu,
namakore okolweni a ikulu, namabate
ewaini, a ikulu, namabate amafuta a
ikulu, nosaoti o ngabalwayo.
23 Konke oku memezelwa uTixo wa
sezulwini a kwenzelwe indhlu ka Tixo
wa sezulwini ngokukutala, funa ulaka
lu vukele umbuso wenkosi namadodana
ayo.
24 Si ya nazisa ukuti; abapristi naba-
Levi, nabahlabeleli, nabalindiminyango,
nabaNetini, nabakonzi ba lendhlu ka
Tixo, a ku vunyelwa ukumtelisa namu-
nye kubo inkokelo, nomnikelo, nesite-
liso.
25 Wena Ezra, ngokuhlakanipa kuka
Tixo wako, o nako, misa izinduna, na-
bahluli aba za kwahlula abantu bonke
aba ngapesheya komfula, bonke aba yazi
imiteto ka Tixo wako; u ba fundise aba-
ngayaziyo.
26 Lowo o nga yi kuwenza umteto ka
Tixo wako; nomteto wenkosi, ma a la-
hlwe masinyane, noma ku be ukubula-
wa, noma ukuxotywa, noma ukudhliwa
imfuyo yake, noma ukubotywa.
27 A ka busiswe uJehova uTixo wa
obaba betu o ku bekileyo okunjalo
enhliziyweni yenkosi ukuba a yenze i
bukeke indhlu ka Jehova e seJerusa-
lema.
28 Wa ngi zuzela umusa pambi kwe-
nkosi nompakati wayo, na pambi kwezi-
kulu zonke zenkosi ezi namandhla.
Nga qiniswa si se pezu kwami isandhla
sika Jehova uTixo wami, nga buta izi-
kulu kubaIsraeli, ukuba zi kupuke
nami.

## ISAHLUKO 8.

LABA ba izikulu za oyise babo, uku-
balwa kwabo ngokuzalwa, abakupu-
ka nami eBabulona, ekubuseni kuka
Artasasta inkosi.
2 Kumadodana ka Finehasi; uGersho-
mi; kumadodana ka Itamari; uDanye-
li; kumadodana ka Davida; uHatushe.
3 Kumadodana ka Shekenia, kumado-
dana ka Paroshe; uZekeria; kanye na-
ye kwa balwa, ngokuzalwa abesilisa aba
ikulu namashumi amahlanu.
4 Kumadodana ka Pahatmoabi; uEli-
hoenai, indodana ka Zerahia, kanye na-
ye abesilisa aba ngamakulu amabili.
5 Kumadodana ka Shekania; indoda-
na ka Jahazieli, kanye naye abesilisa
aba makulu amatatu.
6 Kumadodana ka Adine; uEbedi
indodana ka Jonatani, kanye naye abe-
silisa aba mashumi amahlanu.
7 Na kumadodana ka Elami; uJe-
shaia indodana ka Atalia, kanye naye
abesilisa aba mashumi a isikombisa.
8 Na kumadodana ka Shefetia, uZebe-
dia indodana ka Mikaeli; kanye naye
abesilisa aba mashumi a shiyangalo-
mbili.
9 Kumadodana ka Joabi, uObadia
indodana ka Jehieli, kanye naye abesi-

lisa aba makulu amabili neshumi nashi-
yangalombili.
10 Na kumadodana ka Shelomite; indodana ka Josifia, kanye naye abesilisa aba ikulu namashumi a isitupa.
11 Kumadodana ka Bebai; uZekeria indodana ka Bebai kanye naye abesilisa aba mashumi amabili nashiyangalombili.
12 Na kumadodana ka Azgade; uJohanani indodana ka Hakatane, kanye naye abesilisa aba ikulu neshumi.
13 Na kumadodana okupela ka Adonikamu, amagama awo i lawa; uElifeleti, noJehili, noShemia, kanye nabo abesilisa aba mashumi a isitupa.
14 Na kumadodana ka Bigvai; uTai, noZabude, kanye nabo abesilisa aba mashumi a isikombisa.
15 Nga ba butela emfuleni o ya eAhava; sa hlala kona ematenteni izinsuku ezintatu; nga suka nga buka abantu nabapristi, ka ngi fumananga namunye kumadodana ka Levi.
16 Nga tuma nga m biza uEliezeri, noArieli, noShemaia, noElnatani, noJaribi, noElnatani; noNatani, noZekeria, noMeshulamu, aba izikulu; noJoyaribe, noElnatani, abaqondileyo.
17 Nga ba tumela nezwi kuIdo o isikulu endaweni e iKasifia, nga ba nika amazwi ukuba ba wa kulume kuIdo, nabafo wabo abaNetini, endaweni e iKasifia, ukuba ba si zisele abakonzi bendhlu ka Tixo wetu.
18 Si se pezu kwetu isandhla esilungileyo sika Tixo, ba si zisela umuntu oqondileyo, kumadodana ka Mali, indodana ka Levi, indodana ka Israeli; noSherebia, kanye namadodana ake, nabafo wabo aba ishumi nashiyangalombili.
19 NoHashabia, kanye noJeshaya kumadodana ka Merari, nabafo wabo, namadodana abo aba mashumi amabili.
20 Na kubaNetini, uDavida nezinduna eza ba misela inkonzo yabaLevi, abaNetini aba makulu amabili namashumi amabili; bonke ba bizwa ngamagama.
21 Nga ya nga memezela ukuzila ukudhla kona emfuleni okutiwa iAhava, ukuba si zitobele pambi kuka Tixo wetu, si fune kuye indhlela e qondayo, si zifunele tina, nabantwana betu, nemfuyo yonke.
22 Ngokuba be ngi namahloni ukucela enkosini amabuto nabamahashi, ukuba ba si geine eziteni endhleleni; ngokuba be si tyilo enkosini ukuti; Isandhla sika Tixo wetu si pezu kwabo bonke abamfunayo, ku be kuhle; kodwa amandhla ake, nolaka lwake lu kubo bonke abamshiyayo.
23 Njalo sa zila ukudhla, sa kulekela loku kuTixo; wa si zwa.
24 Nga keta izikulu zabapristi ezi ishumi nambili, uSherebia, noHashabia, nabafo wabo aba ishumi.
25 Nga linganisela kubona isiliva, negolide, nezitya, umnikelo wendhlu ka Tixo wetu owa nikelwa inkosi nompakati wayo, nezikulu zayo, nabaIsraeli bonke aba be kona.
26 Nga linganisela esandhleni sabo isiliva amatalenta amakulu a isitupa namashumi a isihlanu, nezitya zesiliva amatalenta a ikulu, negolide amatalenta a ikulu.
27 Nemityengele yegolide, e ngamashumi mabili e ngamadarike a inkulungwane; nezitya ezimbili zetusi elikazimulayo, elihle njengegolide.
28 Nga ti kubo, Nina ni ngcwele kuJehova; nezitya zi ngcwele; isiliva negolide li umnikelo wesihle kuJehova uTixo wa oyihlo benu.
29 Lindani ni zi londoloze ni ze ni zi linganise pambi kwezikulu zabapristi nabaLevi, nezikulu za oyise kubaIsraeli, eJerusalema emagumbini endhlu ka Jehova.
30 Abapristi nabaLevi, bamkela isiliva, negolide, nezitya, zi linganiswa ukuba ba zi yise eJerusalema endhlini ka Tixo wetu.
31 Se suka emfuleni eAhava ngosuku lweshumi nambili lwenyanga yokuqala, ukuba si ye eJerusalema; isandhla sika Tixo sa ba pezu kwetu, wa si sindisa esandhleni sesita, na kwabaqapelayo endhleleni.
32 Sa fika eJerusalema, sa hlala kona izinsuku ezintatu.
33 Ngosuku lwesine, kwa linganiswa isiliva, negolide, nezitya, endhlini ka Tixo wetu, ngesandhla sika Meremote indodana ka Uria umpristi; wa e naye uEleazari indodana ka Finehasi; ba be nabo uJozebade, indodana ka Jeshua, noNoadia indodana ka Binui, abaLevi;
34 Ngokubalwa na ngokulinganiswa kwazo zonke; kwa lotywa ukulinganiswa konke ngaleso sikati.
35 Abatunjwayo aba vela kwabapangwayo ba nikela iminikelo yokutya kuTixo wabaIsraeli, izinkabi ezi ishumi nambili, ngabaIsraeli bonke, nezinqama

ezi mashumi a shiyagalolunye, nesitupa, namaundhlu amashumi a isikombisa nesikombisa, izimpongo zomnikelo wezono, ezi ishumi nambili; konke loku kwa ba umnikelo wokutya kuJehova.

36 Ba nika imiteto yenkosi kuzo izinduna zenkosi ezinkulu, nezinduna za nganeno komfula, ba quba abantu kanye nendhlu ka Tixo.

## ISAHLUKO 9.

SE zi pelile lezi zinto, kwe za kimi izikulu za ti; Abantu baka Israeli, nabapristi nabaLevi, ka bahlukani nabantu ba semazweni, ba hamba ngemikuba yabo emibi, yamaKanani, nabaHiti, namaPerizi, namaJebusi, nabaAmori, nabaMoabi, nabaEgipite, namaAmori.

2 Ngokuba be zitabatele, bona namadodana abo, amantombazana abo, a be ngomkabo, i ti inzalo engcwele i xubene nabantu ba semazweni; yebo, isandhla sezikulu namakosi si dhlule esonweni leso.

3 Ku te ngi se zwa lendaba, nga hxebula isivato sami nengubo yami, nga zi hlutula izinwele zekanda lami, nesilevu sami, nga hlala pansi ngi mangele.

4 Kwa butanela kimi bonke aba tutumela ngamazwi ka Tixo wabaIsraeli ngokona kwabatunjiweyo; nga hlala ngi mangele kwa za kwa ba isikati somnikelo wokuhlwa.

5 Ngesikati somnikelo wakusihlwa nga suka ekuzileni kwami; se ngi hxebulile isivato sami nengubo yami, nga guqa ngamadolo ami, nga zolula izandhla zami kuJehova uTixo wami.

6 Nga ti, Tixo wami, ngi jabile, ngi nezinhloni ukuba ngi pakamisele ubuso bami kuwe, Tixo wami; ngokuba izono zetu zandile ngapezu kwamakanda etu, namacala etu a kulile a ze a fika ezulwini.

7 Ku suka ezinsukwini za obaba, ku ze ku be namhla, si nesono esikulu; ngamacala etu, sa nikelwa, tina, namakosi etu, nabapristi betu, esandhleni samakosi a semazweni, ezinkembeni, ekutunjweni, na sekupangweni, na sekujabeni njengokuba ku njalo na namhla.

8 Kepa kaloku ngesikatyana u kona umusa o vela kuJehova uTixo wetu ukusishiyela abasindileyo, nokusinika isipikili endaweni engcwele yake, ukuba uTixo wetu a kanyise amehlo etu, a si nike ukupila oku incozana ekubotyweni kwetu.

9 Ngokuba sa si izigqili, kepa uTixo wetu ka si shiyanga ekubotyweni, kepa u si zuzele umusa pambi kwamakosi a sePersia, ukuba a si nike ukupila si vuse indhlu ka Tixo wetu, si mise ukucitakala kwayo, a si nike udonga eJudia na seJerusalema.

10 Se si ya kutini, Tixo wetu, emva kwaloku; loku si shiyile imiyalo yako?

11 Owa i yalayo ngezinceku zako abaprofeti, wa ti; Lelizwe eni ya kulo ukulifuya, li izwe elingcolileyo, li nokungcola kwabantu, ba semazweni, li nemikuba yabo emibi e li gcwalisileyo, ngokungcola kwabo, kwa qala komunye umkaulo, kwa za kwa fika komunye.

12 Ma ni nga niki amantombazana enu kumadodana abo, njalo amadodana enu ni nga wa tabateli amatombazana abo, ni nga funi ukutula kwabo nenhlanhla yabo, ku ze ku be nini, ukuba ni be namandhla, ni dhle ubuhle bezwe ni li shiye, li be ifa labantwana benu ku ze ku be nini.

13 Ngasemva kwako konke oku fikile pezu kwetu ngemisebenzi yetu emibi, na ngecala letu elikulu, loku, wena, Tixo wetu, u si hlaulisile okuncane ku nezono zetu, wa si pa ukusinda okungaka;

14 Si nga buya si yapule imiyalo yako, si ganane nabantu ba lemikuba emibi na? nga u nga tukuteli nati, u ze u si qede, ku be ku nga bi ko nosalayo nosindayo na?

15 Jehova, Tixo wabaIsraeli, u lungile wena, kepa si sele, si sindile, njengokuba ku njalo namhla; bheka, si pambi kwako, si nezono zetu; kepa a ku ko ukuma pambi kwako ngaloku.

## ISAHLUKO 10.

E SE kulekile uEzra, se e bikile, e kala e zibukuzisa pambi kwendhlu ka Tixo, kwa butanela kuye aba kubaIsraeli, ibandhla elikulu kakulu lamadoda nabafazi nabantwana; ngokuba abantu ba be kala kakulu.

2 Kwa suka uShekania indodana ka Jehieli wa kumadodana ka Elami, wa pendula wa ti, kuEzra, Sonile kuTixo, si tabatile abafazi abangaziwayo kubantu ba semizini; kepa li kona itemba kubaIsraeli ngalento.

3 A ke senze isivumelwano noTixo wetu sokuba ku mukiswe abafazi bonke, nabazelwe ibo, ngecebo lenkosi yami, nabatutumela ngomyalo ka Tixo wetu; a kwenziwe ngomteto.

4 A ku suke; ngokuba lendaba e yako,
tina si ya kuba nawe; qinisa u be nesi-
bindi u kwenze.
5 Wa suka uEzra wa fungisa izikulu
zabapristi, nabaLevi, nabaIsraeli bonke,
ukuba benze njenga lelizwi. Ba funga.
6 Wa suka uEzra ngapambi kwendhlu
ka Tixo, wa ya endhlini ka Johanani
indodana ka Eliashibe; e se fikile kona,
ka dhlanga ukudhla, ka puzanga ama-
nzi; ngokuba wa e kala ngokona kwa-
batunjiweyo.
7 Ba memezela umteto eJudia na se-
Jerusalema, kubo bonke abatunjiweyo
ukuba ba butanele eJerusalema.
8 Nokuba lowo o nga fikiyo ngezinsu-
ku ezintatu, njengecebo lezikulu nama-
lunga, ku dhliwe yonke imfuyo yake, a
kitywe yena ebandhleni labempango.
9 Ba butanela eJerusalema abantu bo-
nke baka Juda noBenjamini, ngezinsuku
ezintatu. Kwa ku inyanga yesishiyaga-
lolunye, usuku lwamashumi amabili
lwenyanga. Bonke abantu ba hlala esi-
honqeni sendhlu ka Tixo, be tutumela
nga lento na ngemvula enkulu.
10 Wa suka uEzra umpristi, wa ti, No-
nile, ni tabatile abafazi bezizwe, ukuze
kwande ukona kwabaIsraeli.
11 A ke ni bike kuJehova uTixo wa
oyihlo benu, ni yenze intando yake;
nahlukane nabantu ba sezweni, nabafazi
bezizwe.
12 Kwa pendula ibandhla lonke, la ti
ngezwi elikulu, Nga senza njengokutyo
kwako.
13 Kodwa abantu baningi, se ku isi-
kati semvula; a si namandhla okuma
ngapandhle; lomsebenzi a siwo owosu-
ku lunye, nowezimbili; ngokuba si va-
mile ukona nga lento.
14 A ke zi me izikulu zetu zebandhla
lonke, bonke aba semizini yetu aba ta-
batileyo abafazi bezizwe, a be ze ngezi-
kati ezimisiweyo, be ze namalunga
emizi ngemizi, nabahluli bayo, lu ze
lu bohle ulaka oluvutayo luka Tixo
ngaloku.
15 uJonatani indodana ka Asaheli,
noJahazia indodana ka Tikva, ba i me-
la lendaba, kupela; kepa ba sizwa uMe-
shulamu noShabetai umLevi.
16 Benza njalo abatunjiweyo. Kwa
ketwa uEzra umpristi, nabantu aba izi-
kulu za oyise, abendhlu ya oyise babo,
bonke ngamagama abo, ba hlala ngosu-
ku lokuqala lwenyanga yeshumi, ukuba
ba i penye lendaba.
17 Ba i qeda indaba yabantu bonke a ba
be tabatile abafazi e be be nga bezizwe,
ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala.
18 Kwa funyanwa pakati kwamado-
dana abapristi a be be tabatile abafazi
bezizwe; kumadodana ka Jeshua, indo-
dana ka Jozadake, nabafo wabo; uMa-
seia, uEliezari, noJaribi, noGedalia.
19 Ba nika izandhla zabo, ba ti ba za
ku mukisa abafazi babo; loku ba be ne-
cala, ba nikela inqama yomhlambi, nge-
cala labo.
20 Na kuwo amadodana ka Imere;
uHanani noZebadia.
21 Na kuwo amadodana ka Harimo;
uMaseia, noElija, noShemaia, noJehieli,
noUzia.
22 Na kuwo amadodana ka Pashure;
uElioenai, uMaseia, uIshmaeli, uNata-
neli, uJozabade noElasa.
23 Na kumadodana abaLevi; uJoza-
bade, noShimi, noKelaia, onguKelita,
uPetahia, uJuda noEliezeri.
24 Na kubahlabeleli; uEliashibe, na
kwabalindiminyango; uShaluma, noTe-
lemu, noUri.
25 Na kubo abaIsraeli; kuwo amado-
dana ka Paroshe; uRamia noJezia, no-
Malkia, noMijamini, noEleazari, noMal-
akija, noBenaia.
26 Na kumadodana ka Elami, uMata-
nia, uZekeria, noJehieli, noAbdi, noJe-
remote, noElia.
27 Na kumadodana ka Zatu; uElioe-
nai, uEliashibe, uMatania, noJeremote,
noZabadi, noAziza.
28 Kumadodana ka Bebai; uJehoha-
nani, uHanania, uZabai, noAtlai.
29 Na kumadodana ka Bani; uMeshu-
lamu, uMaluki, noAdaia, uJashube, no-
Sheale, noRamoti.
30 Na kumadodana ka Pahatimoabi;
uAdna noKelale, uBenaia, uMaseia,
uMatania, uBezaleli, noBinui, noMa-
nasa.
31 Na kumadodana ka Harimo; uEli-
eza, uIshija, uMalkia, uShemaia, uShi-
meoni.
32 uBenjamini, uMaluki, noShemaria.
33 Kumadodana ka Hashume; uMate-
nai, uMataha, uZabadi, uElifaleti, uJere-
mai, uManasa, noShimi.
34 Kumadodana ka Bani; uMadai,
uAmramu noMele.
35 uBenaia, uBedeia, uKelu.
36 uVania, uMeremote, uEliashibe.
37 uMatania, uMatenai, noJasau.
38 NoBani, noBunui, noShimei.

39 NoShelemia, noNatani, noAdaia.
40 uMaknadebai, uShashai, uSharai.
41 uAzareli, noShelemia, uShemaria,
42 uShaluma, uAmaria, noJosefa.
43 Kuwo amadodana ka Nebo; uJehieli, uMatitia, uZabadi, uZebina, uJadau, noJoeli, uBenaia.
44 Laba bonke ba be tabatile abafazi
bezizwe; abanye kubo ba be nabafazi, a be be zalelwe abantwana ibo.

---

INCWADI KA

# NEHEMIA.

## ISAHLUKO 1.

AMAZWI ka Nehemia indodana ka Hakalia. Kwa ti ngenyanga uKisleu, ngomnyaka wamashumi amabili, loku nga ngi kona eShushani esigodhlweni,
2 Weza uHanani, omunye kwa ba kiti
yena nabantu ba kwa Juda; Nga ba buza ngabaJuda abasindileyo a ba be sele kwabatunjwayo, na ngalo iJerusalema.
3 Ba ti kimi, abaseleyo aba sala kwa-
batunjwayo kona ezweni, ba sekuhlupekeni okukulu nasehlazweni futi nodonga lwa seJerusalema lu bihlikile, namasango alo a tyiswe umlilo.
4 Kwa ti lapo ngezwa lamazwi nga
hlala pansi, nga kala izinyembezi nga dabuka kuleyo mihla nga zila ukudhla nga kuleka pambi kuka Tixo wa sezulwini,
5 Nga ti ngi ya nxusa, Jehova, Tixo
wa sezulwini, Tixo omkulu o sabekayo, o gcinako isivumelwano nomusa kwabamtandayo naba gcinayo imiyalo yake:
6 Indhlebe yako ma i lalele amehlo
ako ma a bheke, ukuze u zwe ukukuleka kwenceku yako e ngi ku kuleka pambi kwako kaloku nje, imini nobusuku, ngabantwana baka Israeli, izinceku zako, ngi bike izono zabo abantwana baka Israeli, e si zone kuwe: mina kanye nendhlu ka baba sonile.
7 Tina senzile kabi impela kuwena a
si gcinanga imiyalo, nezimiso, nemiteto e ya ku yalayo inceku yako uMosi.
8 A ku kumbule ngi ya nxusa, izwi o
wa li yala inceku yako uMosi wa ti uma nona, ngo ni cita pakati kwezizwe:
9 Kepa uma ni ya penduka, ni ze kimi
ni gcine imiyalo yami, ni yenze; nokuba be kona a ba kini abacitekileyo ekugcineni kwezulu, ngi ya kubabuta kona, ngi ba lete kulendawo e ngi yi ketile ukubeka kona igama lami.
10 Ngako pela lezi zi izinceku zako,
abantu bako, o wa ba kululayo ngamandhla ako amakulu, na ngesandhla sako esiqinileyo.
11 Nkosi ngi ya kunxusa, indhlebe
yako ma i zwe ukukuleka kwenceku yako, nokukuleka kwezinceku zako, ezi nenhliziyo yokwesaba igama lako: u yi busise, ngi ya kunxusa, inceku yako namhlanje, u yenze lendoda i yi beke ngomusa. Ngoba nga ngi ngopatayo isitya senkosi.

## ISAHLUKO 2.

KWA ti ngenyanga uNisana ngomnyaka wamashumi amabili ka Artasasta inkosi, iwaini la li pambi kwake: nga tata iwaini, nga li nika inkosi. Nga ngi kade ngi dabukile ngi pambi kwayo.
2 Ngako inkosi ya ti kimi, Ubuso ba-
ko bu nyukumaleleni na? loku a u guli? loku ku ubuhlungu benhliziyo kupela. Kona ngesaba kakulu.
3 Nga ti enkosini, Inkosi ma i me
njalo: ku nani ukuba ubuso bami bu nyukumele loku umuzi o indawo yezingcwaba za okoko bami, u citekile, namasango awo a tyiswa ngomlilo?
4 Lapo inkosi ya ti kimi, U celani na?
Njalo nga kuleka kuTixo wa sezulwini.
5 Nga ti enkosini, Uma inkosi i ta-
nda, uma inceku yako i tolile umusa emehlweni ako, ma u ngi tume ngi ye kwaJuda, emuzini wezingcwaba za okoko bami, ukuba ngi wake.
6 Inkosi ya ti kimi, inkosikazi ya i
hlezi ecaleni kwayo. U ya kuhamba isikati esingakanani na? U ya kubuya nini na? Njaloke kwaba kuhle enkosini uku ngi tuma: nga yi nqumela isikati esitile.

7 Futi nga ti enkosini, Uma ku kuhle
enkosini ma ngi nikwe izinewadi zi ye
kwababusayo ngapesheya komfula uku-
ba ba ngi qubele ngi ze ngi fike kwa-
Juda ;
8 Kanye nenewadi i ye kuAsafa umli-
ndi wehlati lenkosi, ukuba a ngi nike
imiti ngi ze ngenze amasango esigodhlo
sendhlu neyodonga lomuzi, neyendhlu
e ngi za kungena kuyo. Inkosi ya ngi
vumela njengesandhla esilungileyo sika
Tixo esi pezu kwami.
9 Kona ngeza kubabusi ngapesheya
komfula, nga nika kubo izinewadi ze-
nkosi. Inkosi ya be i tumile nami izi-
nduna zamabuto, nabakwele amahashi.
10 Lapo bezwa lendaba oSanbalati
umHoroni, noTobia inceku, umAmoni
kwa ba hlupa kakulu ngoba kwa se ku
fikile umuntu e ze ku siza abantwana
baka Israeli.
11 Njalo ngeza eJerusalema, nga hlala
kona izinsuku ezintatu.
12 Nga vuka ebusuku mina kanye na-
bantu aba be ngakanani, a ngi bonanga
ngi tyela muntu loku uTixo a ku beka
enhliziyweni yami, ukuba ngi kwenze
eJerusalema: futi nga ngi nge nasilwa-
ne, ngapandhle kwa leso e nga ngi kwe-
le kuso.
13 Nga puma ebusuku ngesango le-
mfunda, ngapambili komtombo wesilo
na sesangweni lobulongwe, nga buka izi-
ndonga zeJerusalema eza zi bidhlikile
namasango alo e tyiswe ngomlilo.
14 Nga buya nga dhlulela esangweni
lomtombo, na secibini lenkosi kepa ya
ingeko indawo lapo si nga dhlula kona
isilwane e nga ngi kwele kuso.
15 Kona nga kupuka ebusuku nga se-
cibini, nga bheka udonga, nga buya
nga ngena ngesango lemfunda njalo
nga buya.
16 Ababusayo ba be ngazi lapo nga ya
kona, na loku e ngi kwenzayo, futi nga
ngi nga ka ba tyeli abaJuda nabapristi,
nezikulu, nababusayo, nabanye aba we-
nzayo umsebenzi.
17 Kona nga ti kubo, ni ya bona uku-
hlupeka kwetu, loku iJerusalema li cite-
kile, amasango alo a tyiswe ngomlilo:
wozani, ma sake futi izindonga ze-
Jerusalema ukuze si nga be si se sa ba
ihlazo.
18 Kona nga ba tyela ngaso isandhla
sika Tixo wami e sa si lungile kimi; futi
nga ba landisa namazwi enkosi e ya wa
kuluma kimi. Ba ti, a ke si suke, njalo
ba qinisela lomsebenzi olungileyo, iza-
ndhla zabo.
19 Kepa lapo oSanbalati umHoroni,
noTobia inceku, umAmoni, noGeshemu
umArabia, be zwa loku ba si hleka usulu
ba si binqa be ti, Yini loku e ni kwenza-
ko na? Ni zo hlubuka enkosini na?
20 Kona nga ba pendula, nga ti, kubo-
na uTixo wa sezulwini u ya kusisiza,
ngako tina si izinceku zake so vuka, sa-
ke: Kepa nina a ni nasabelo a ni namse-
benzi, a ni nakukunjulwa eJerusalema.

## ISAHLUKO 3.

KONA uEliashibe umpristi omkulu
wa suka kanye naba kubo abapristi
ba laka isango lezimvu; ba lenza li be
ngewele, ba misa izicaba zalo; kwa za
kwa ba kuwo umbotyongo ka Mea ba
lenza ngewele kwa za kwa fika kuwo
umbotyongo ka Hananeli.
2 Ngasecaleni kwaka aba seJeriko.
Ngasecaleni kwaka uZaka indodana ka
Imri.
3 Isango lezinhlanzi lakiwa amado-
dana ka Sena, yena wa misa imityayo
yalo, wamisa izicaba zalo, nezihlutulelo
zalo, neziqongqwane zalo.
4 Ngasecaleni kwabo kwaka uMere-
mote indodana ka Urija indodana ka
Kozi. Ngasecaleni kwabo kwaka uMe-
shulamu indodana ka Berekia, indoda-
na ka Meshezabeli. Ngasecaleni kwabo
kwaka uZadoki indodana ka Bana.
5 Ngasecaleni kwabo kwaka amaTe-
koi, kepa izikulu zabo a zi fakanga izi-
ntamo zazo emsebenzini wenkosi yabo.
6 Isango elidala lakiwa uJehoida indo-
dana ka Pasea, kanye noMeshulamu
indodana ka Besodea: bona ba beka imi-
tyayo yalo, ba misa izicaba zalo, nezihlu-
tulelo zalo, neziqongqwane zalo.
7 Ngasecaleni kwabo kwaka uMelatia
umGibeoni, noJadona umMerona, ama-
doda a kwa Gibeoni a seMizpa, kwa ze
kwa fika embusweni wombusi nganeno
komfula.
8 Ngasecaleni kwabo kwaka uUzieli
indodana ka Harhia wabakandi begoli-
de. Ngasecaleni kwabo kwaka uHana-
nia indodana yomunye wabatengisayo
ngemiti, bona ba li qinisa iJerusalema
nga sodongeni olubanzi.
9 Ngasecaleni kwabo kwaka uRefaya
indodana ka Huri umbusi wenxenye ye-
Jerusalema.
10 Ngasecaleni kwabo kwaka uJedaia
indodana ka Harumafe, malungana ne-

ndhlu yake. Ngasecaleni kwake kwaka uHatushe indodana ka Hashabonia.
11 uMalkija indodana ka Harimo kanye noHashube indodana ka Pahatimoabi baka elinye ibanga nombotyongo wamaziko.
12 Ngasecaleni kwake, kwaka uShaluma indodana ka Halohesha umbusi wenxenye yeJerusalema yena namadodakazi ake.
13 Isango lemfunda lakiwa uHanuni kanye naba seZanoa; ba laka ba misa izicaba zalo, nezihlutulelo zalo, neziqongqwane zalo, amakubiti a inkulungwane kwa ze kwa fika esangweni lezala.
14 Kepa isango lezala lakiwa uMalkia indodana ka Rekabi, umbusi wenxenye yeBetihakeremu; wa laka wa misa izicaba zalo, nezihlutulelo zalo, neziqongqwane zalo.
15 Kepa isango lomtombo lakiwa uShaluna indodana ka Kolhozi umbusi wenxenye yeMizpa; wa laka, wa beka imityayo yalo, wa misa izicaba zalo, nezihlutulelo zalo, neziqongqwane zalo, kanye nodonga lwa secibini eli tiwa iSiloa, eduze nensimu yenkosi, na kuzo izikwelo ezehlayo emuzini ka Davida.
16 Emva kwake kwaka uNehemia indodana ka Azbuke, umbusi wenxenye yeBetzuri malungana namatuna a ka Davida na kulo icibi elembiwayo nasendhlini yabakulu.
17 Emva kwake kwaka amaLevi, uRehume indodana ka Bani. Ngasecaleni kwake kwaka uHashabia umbusi wenxenye yeKela, endaweni yake.
18 Emva kwake kwaka abafo wabo, uBavai indodana ka Henadade umbusi wenxenye yeKela.
19 Ngasecaleni kwake kwaka uEzere indodana ka Jeshua umbusi weMizpa elinye ibanga malungana nendawo e yenyuka i ye endhlini yezikali, lapo udonga lu penduka kona.
20 Emva kwake uBaruki indodana ka Zabai waka ngokukutoba elinye ibanga ku suka ekupendukeni kodonga kwa za kwa fika emnyango endhlini ka Eliashibe umpristi omkulu.
21 Emva kwake kwaka uMeremote indodana ka Urija indodana ka Kozi ibanga elinye ku suka emnyango endhlini ka Eliashibe kwa za kwa fika ekugcineni kwendhlu ka Eliashibe.
22 Emva kwake kwaka abapristi, abantu ba sezweni lakona.
23 Emva kwake kwaka uBenjamini noHashube malungana nendhlu yabo. Emva kwake kwaka uAzaria indodana ka Maseia indodana ka Anania ngasendhlini yake.
24 Emva kwake kwaka uBinui indodana ka Henadade elinye ibanga ku suka endhlini ka Zaria, kwa za kwa fika ekupendukeni kodonga, ngasegunjini.
25 Wa ti uPalai indodana ka Uzai, waka malungana nokupenduka kodonga nombotyongo o dhulayo ngasendhlini enkulu yenkosi, ngasenhla ngasebaleni letilongo. Emva kwake uPedaia indodana ka Paroshe, waka.
26 NamaNetini a e hlala eOfela, ngasesangweni lamanzi, ngasempumalanga, nombotyongo o nga pandhle.
27 Emva kwabo kwaka amaTekoi ibanga elinye malungana nombotyongo omkulu o nga pandhle, kwa za kwa fika ngasodongeni lwa seOfela.
28 Ngasenhla kwesango lamahashi kwaka abapristi, ku ilowo malungana nendhlu yake.
29 Emva kwabo kwaka uZadoki indodana ka Imere malungana nendhlu yake. Emva kwake, kwaka uShemia indodana ka Shekania, umlindi wesango la sempumalanga.
30 Emva kwake kwaka uHanania indodana ka Shelemia, noHanuni indodana yesitupa ka Zalafe, ibanga elinye. Emva kwake kwaka uMeshulamu indodana ka Berekia malungana nendhlu yake.
31 Emva kwake kwaka uMalkia wabakandayo igolide kwa za kwa ba sendaweni yamaNetini, neyabatengisayo malungana nesango iMifekade kwa za kwa ba sekukupukeni kwengosi.
32 Pakati kwebanga lokukupuka kwengosi ku ze ku fike esangweni lezimvu kwaka abakandi begolide kanye nabatengi.

## ISAHLUKO 4.

KWA ti lapo uSanbalati e zwa ukuba sa be saka udonga wa tukutela wa vuka ngolaka wa ba hleka usulu abaJuda.
2 Wa kuluma pambi kwabakubo na sempini ya seSamaria, wa ti, Laba baJuda ababutakataka benzani na? Ba ya kuyekwa na? Ba ya kunikela na? Ba ya kuqeda emini na? Ba ya kuvusa yini amatye a sezingqwabeni noma a tyiswa na?
3 Kwa ti uTobia umAmoni wa e naye,

wa ti, Loku abakwakayo, nokuba impu-
ngutye nje enyukela kona, i ya ku lu
bidhliza udonga lwalo lwamatye.
4 Yizwa, Tixo wetu ngokuba tina si
ya delelwa: u buyisele ukutuka kwabo
pezu kwekanda labo u ba nikele ba pa-
ngwe ezweni lezitunjwa.
5 U nga sibekeli ukona kwabo, isono
sabo ma si nga hlangulwa ebusweni ba-
ko: ngokuba ba ku cunulile ukuba u
tukutele pambi kwabakayo.
6 Saka njalo udonga; udonga lonke
lwa hlanganiswa kwa za kwa pela inxe-
nye yalo: ngokuba abantu ba be ne-
nhliziyo yokusebenza.
7 Kwa ti ukuba oSanbalati noTobia,
naba seArabia, namaAmoni namaAsh-
dodi, bezwe ukuti izindonga za seJeru-
salema se zakiwe, nokuti izikala zi qa-
liwe ukuvinjwa, kona ba tukutela nga-
mandhla.
8 Ba hlangana bonke kanye ukuba
beze ba zo kulwa eJerusalema, ukulona.
9 Kepa senza ukukuleka kuTixo we-
tu, sa ba bekela abalindi imini nobu-
suku, ngenxa yabo.
10 AbaJuda ba ti Amandhla abetwa-
layo a se pelile ku sele izibi eziningi;
ngako a si nako ukwaka udonga.
11 Izita zetu za ti, Ka ba so ze bazi,
ka ba so ze ba bona, si ze si fike pa-
kati kwabo, si ba bulale, si nqamule
umsebenzi.
12 Kwa ti lapo bezayo abaJuda a ba
be hlezi eduze nabo, ba ti kitina ka-
shumi, Ezindaweni zonke lapo ni bu-
yela kitina, bo ni vukela.
13 Ngako nga beka ezindaweni ezi
senzansi odongeni, nasezindaweni ezi
pezulu, nga beka kwa i lowo muntu
kanye nabakubo, be nezinkemba zabo,
nemikonto yabo, nemicibityelo yabo.
14 Nga ze nga cinga, nga suka nga
ti kuzo izikulu nakubabusi, nakubo aba-
nye abantu, ni nga be sabi: kumbula-
ni inkosi enkulu e sabekayo, ni lwele
abafo wenu amadodana enu, amadoda-
kazi enu, omkenu nezindhlu zenu.
15 Kwa ti lapo izita zetu se zi zwile
ukuba se si ya yazi lendaba, noTixo u
citile icebo labo sa pindela sonke odo-
ngeni, kwa ilowo emsebenzini wake.
16 Kwa ti kwa suka kuleso isikati
inxenye yezinceku zami ya sebenza,
inxenye ya pata imikonto, namahau,
imicibityelo, namabantyi ensimbi, aba-
busi ba bemi ngasemva kwabo bonke
abendhlu yakwa Juda.
17 Bona abalwakayo udonga, naba be
twala imitwalo, kanye nabetwesayo, bo-
nke kwa ilowo wa sebenza ngesandhla
sinye, ngesinye wa pata izikali.
18 Abakayo bonke ba bopa kwa ilowo
inkemba yake okalweni lwake, baka
kanjalo. O wa e tyaya itilingo wema
nga kimi.
19 Mina nga ti kuzo izikulu, nakuba-
busi na kubo abanye babantu, Umsebe-
nzi mkulu, u namandhla; tina sahluke-
ne odongeni, omunye u kude nomunye.
20 Ngako kona ku lendawo lapo ni
zwayo ukukala kwetilongo, butanani
kona ni ze kimi: uTixo wetu u ya ku-
silwela.
21 Njalo sa quba umsebenzi: inxenye
yabo ya pata imikonto ekupumeni kwe-
langa ku ze ku pume izinkanyezi.
22 Futi ngalesosikati nga ti kubantu,
ma ba hlale bonke pakati kweJerusale-
ma, ku be ilowo nenceku yake ukuze zi
si linde ebusuku ku ti emini zi sebenze.
23 Ngako mina, naba kiti, nezinceku
zami, nabalindi aba ngi landelayo, amu-
ko kiti o wa kumula izingubo zake,
kupela kwa ilowo wa zi kumulela uku-
hlanzwa.

## ISAHLUKO 5.

KWA kona ukukala okukulu kwaba-
ntu nabafazi babo, be sola abangane
babo abaJuda.
2 Ngokuba ba ti abanye, Tina nabafa-
na betu namantombazana etu, si bani-
ngi, ma si tenge ngabo amabele si dhle si
pile.
3 Abanye ba ti amazwe etu, nezivini
zetu nezindhlu zetu si tembisile ngazo,
ukuze si tenge amabele, ngenxa ye-
ndhlala.
4 Abanye ba ti si tyelekile imali yoku-
tela enkosini, sa tembisa ngamazwe etu
nezivini zetu.
5 Kepa namhla imizimba yetu i nje-
ngemizimba yabafo wetu; abantwana
betu ba njengabantwana babo: bekani
si nikela abafana betu, namantombaza-
na etu ba be izigqili yebo amanye ama-
ntombazana etu a se nikelwe a si na-
kwenza luto: ngokuba amazwe etu ne-
zivini zetu se ku okwabanye abantu.
6 Nga ti ukuzwa ukukala kwabo nala-
wa mazwi nga tukutela kakulu.
7 Inhliziyo yami ya qonda nga kulu-
misana nezikulu nababusi nga ti kubo-
na, Nina nonke ni ya ba dhla abafo we-
nu ngokubanga amacala. Nga misa iba-
ndhla elikulu elipambene nabo.

8 Nga ti kubo, Tina njengamandhla
etu, si ba hlengile abafo wetu abaJuda,
aba be tengisile kwabezizwe: po ni ya
tengisa ngabafo wenu na? ba ya kute-
ngiswa kitina na? kona ba tula be nge
nakupendula.
9 Futi nga ti, a ku lungile loku e ni
kwenzayo; nga ni nga hambi ngokume-
saba uTixo wetu, ngenxa yokuduka
kwabezizwe, izita zetu na?
10 Nami, nabafo wetu, nezinceku za-
mi, si bizile kubona imali namabele:
ngi ya ni ncenga a si yeke lawa macala.
11 Ma ni buyisele kona namhlanje,
amazwe abo, nezivini zabo, nezihlwati
zabo, nezindhlu zabo, nokwekulu kwe-
mali, nokwamabele, newaini namafuta
e na bapuca kona.
12 Ba ti, Si ya kukubuyisa kubona; si
ya kwenza njengokutyo kwako. Kona
nga ba biza abapristi, nga ba fungisa,
ukuba benze njenga lelizwi.
13 Futi nga vutulula ingubo yami,
nga ti, uTixo ma ka ba vutulule kanjalo
bonke ezindhlini zabo, na semfuyweni
yabo, aba nga li geiniyo lelizwi ma ba
vutululwe kanjalo ba be ize. Ibandhla
lonke la ti, Ameni, ba m bonga uJehova.
Abantu benza njengalo lelizwi.
14 Iloku nga miswa ngi be umbusi
wabo ezweni labaJuda, ku qala ngo-
mnyaka wamashumi amabili kwa za
kwa ba umnyaka wamashumi amatatu
nambili ka Artasasta inkosi ukuti imi-
nyaka e ishumi nambili, a si bonanga
si dhla ukudhla kombusi, mina nabafo
wetu.
15 Kepa, ababusa kuqala, ngi nga ka
miswa ba be hlupa abantu, ba tabata
kubo izinkwa newaini nga pandhle kwa-
mashekeli esiliva a nga mashumi mane;
yebo, nazo izinceku zabo za busa abantu
kepa mina a ngenzanga njengabo ngo-
kuba nga mesaba uTixo.
16 Nga bambelela emsebenzini wa lo-
ludonga, a si tenganga izwe: zonke izi-
nceku zami za butana kona emsebe-
nzini.
17 Kwa ku kona etebuleni lami, aba-
Juda nababusi aba ikulu namashumi a
isihlanu, ngapandhle kwa laba aba be
zile kitina, be vela ezizweni ezi kona.
18 Loku e nga ku lungiselayo imihla
ngemihla kwa ku inkabi, nezimvu ezi
isitupa ezi ketiweyo futi nga lungiselwa
izinkuku nezinhlobo zonke zewaini, ka-
nye ezinsukwini ezi ishumi; nokuba
kwa ku njalo nga ngi nga dingi ukudhla
kombuso, ngokuba lababantu ba be ci-
ndezekile ngokutela kwabo.
19 Ngi kumbule, Tixo wami, ngomu-
sa, njengokwenza kwami ku laba bantu.

## ISAHLUKO 6.

KWA ti lapa oSanbalati noTobia, no-
Geshemu umArabia, nezinye izita
zetu, zezwa ukuba, ngakile udonga, uku-
ba a si seko isikala kulo; (kepa ngaso
leso sikati nga ngi nga ka misi izicaba
emasangweni;)
2 oSanbalati naye uGeshemu ba tume-
la kimi, be ti, A ke si hlangane emuza-
neni otile o semfundeni ya seOno. Bona
ba be cabanga ukungihlupa.
3 Nga tumela kubona izigijimi, nga ti,
Ngi sebenza umsebenzi omkulu a ngi
nakwehla: u zo yekwelani umsebenzi,
ngi wu shiye, ngehle ngi ye kini na?
4 Kepa ba tumela kimi kane, njenga-
ko loko; nga ba pendula kanjalo.
5 Kona uSanbalati, ngokwesihlanu wa
tumela inceku yake kimi kanjalo i pete
incwadi evuliweyo esandhleni sayo;
6 O kwa ku lotywe kuyo, ukuti ku zwa-
kala ezizweni naye uGeshemu u ya ku-
tyo ukuti wena nabaJuda ni cabanga uku-
hlubuka: ngako loku ni yaka udonga,
ukuze u be inkosi yabo, njenga lamazwi.
7 Futi u misile abaprofeti ba shuma-
yele ngawe eJerusalema, ba ti, ku kona
inkosi eJudia: ko ze ku bikwe enko-
sini njenga lamazwi. Wozake ngako,
ma si qondisane.
8 Nga tumela kuye, nga ti a kwenziwa
luto olu njengokutyoyo, kepa wena u ya
qambanje enhliziyweni yako.
9 Ngoba bonke ba setusa, be ti zo ze zi
pele amandhla izandhla zabo, ukuba ku
nga setyenzwa. Ngako wena, Tixo wa-
mi, qinisa izandhla zami zi be nawo
amandhla.
10 Kona ngeza endhlini ka Shemaia
indodana ka Delaia indodana ka Mehe-
tabeli, o wa be e zivalele; wa ti, A ke si
hlangane endhlini ka Tixo, pakati kwa-
lo itempeli, ma si vale isicaba zetempeli:
ngoba ba zo fika, ba ku bulale, yebo ba
zo fika ebusuku, ba ku bulale.
11 Nga ti, ku nga m fanela umuntu o
njengami a baleke na? Ku kona ubani,
o njengami, o nga ngena etempelini
ukuzisindisa na? A ngi yi ku ngena.
12 Kona nga bona impela ukuba uTi-
xo wa e nga m tumile; kepa u yena nje
o profeta ngami: ngokuba oTobia no-
Sanbalati ba be kokela.

13 Wa e kokelwe, ukuba ngesabe ngeze njengezwi lake, ngone, bona ba be nako ukukuluma kabi ngami, be ngi dela.

14 Tixo wami, kumbula oTobia noSanbalati ngazo lezi zenzo zabo, naye umprofetikazi uNoadia, nabanye abaprofeti, abafisa ukungesabisa.

15 Udonga lwa pela ngosuku lwamashumi amabili nesihlanu lwenyanga uElula, ezinsukwini ezi mashumi mahlanu nambili.

16 Kwa ti, lapo zonke izita zetu zezwa loku, nabezizwe aba be kona be bona lezo zinto, ba zidelela: ngokuba ba bona ukuba ukwenza kuka Tixo wetu, loku.

17 Nga leyomihla izikulu za kwa Juda za tumela kuTobia izincwadi eziningi, nezika Tobia za fika kuzo.

18 Ngoba abaningi ba kwaJuda ba be fungile kuye, ngoba yena wa e umkwenyana ka Shekania indodana ka Ara; indodana yake uJohanani wa e tatile indodakazi ka Meshulamu indodana ka Berekia.

19 Futi be babaza izenzo zake ezihle ebusweni bami ba landa amazwi ami kuye. uTobia wa zi tuma izincwadi ukungesabisa.

## ISAHLUKO 7.

KWA ti, udonga se lwakiwe se ngi misile izicaba ku bekiwe abalindi beminyango; nabahlabelelayo nabaLevi.

2 Nga ba misa oHanani umfo wetu, noHanania umbusi wesigodhlo, ukuba ba buse eJerusalema: ngoba wa e umuntu otembekayo, wa mesaba uTixo ku nabaningi.

3 Nga ti kubona, ma ku nga vulwa emasangweni a seJerusalema li ze li be pezulu ilanga, lapo be mi kona, ma ba vale imivalo, ba qinise: ma ku miswe abalindi abakileyo eJerusalema, ku be ilowo ekulindeni kwake, ilowo malungana nendhlu yake.

4 Umuzi wa u banzi inxa zonke umkulu, kepa abantu aba kuwo ba be incozana, izinhlu za zi ngakakiwa:

5 Wa ti uTixo wami wa ngi nika inhliziyo yokuba ngi bute izikulu, nababusi, nabantu, ukuze ba balwe ngokuzalwa kwabo. Nga i fumana incwadi yokuzalwa kwabo aba kupuka kuqala, nga fumana ku lotywe kona, ukuti,

6 Laba ba abantwana bezwe, abakupukayo kuzo izitunjwa e be zi tunjiwe, a be zi tumbile uNebukadnezari inkosi ya seBabulona, ba buyela eJerusalema na seJudia, kwa ba ilowo weza emuzini wa kubo;

7 Abezayo noZerubabeli; uJeshua, uNehemia, uAzaria, uRamia, uNahamani, uMordekai, uBilshane, uMisperete, uBigvai, uNehume, uBana. Umumo wabantu ba kwa Israeli; kwa ku ilo;

8 Inzalo ka Paroshe, aba izinkulungwane ezimbili, nekulu namashumi a isikombisa nambili.

9 Inzalo ka Shefatia amakulu amatatu namashumi a isikombisa nambili.

10 Inzalo ka Ara, amakulu a isitupa, namashumi amahlanu nambili.

11 Inzalo ka Pahatimoabi wenzalo ka Jeshua noJoabi, izinkulungwane ezimbili namakulu a isishiyagalombili neshumi nashiyagalombili.

12 Inzalo ka Elami, inkulungwane namakulu amabili namashumi a isihlanu nane.

13 Inzalo ka Zatu, amakulu a isishiyagalombili namashumi amane nesihlanu.

14 Inzalo ka Zakai, amakulu a isikombisa, namashumi a isitupa.

15 Inzalo ka Binui, amakulu a isitupa, namashumi amane nesishiyagalombili.

16 Inzalo ka Bebai, amakulu a isitupa namashumi amabili nesishiyagalombili.

17 Inzalo ka Azgade, izinkulungwane ezimbili namakulu amatatu namashumi amabili nambili.

18 Inzalo ka Adonikamu, amakulu a isitupa namashumi a isitupa nesikombisa.

19 Inzalo ka Bigvai, izinkulungwane ezimbili namashumi a isitupa nesikombisa.

20 Inzalo ka Adine, amakulu a isitupa, namashumi a isihlanu nesihlanu.

21 Inzalo ka Atere ka Hezekia, amashumi a isishiyagalolunye nesishiyagalombili.

22 Inzalo ka Hashume amakulu amatatu, namashumi amabili nesishiyagalombili.

23 Inzalo ka Bezai, amakulu amatatu namashumi amabili nane.

24 Inzalo ka Harifa, ikulu neshumi nambili.

25 Inzalo ka Gibeoni, amashumi a shiyagalolunye nesihlanu.

26 Abantu ba se Betlehema na seNetofa, ikulu namashumi a shiyagalombili nesishiyagalombili.

27 Abantu ba seAnatoti ikulu namashumi amabili neshiyagalombili.

28 Abantu ba seBetazmavete, amashumi amane nambili.
29 Abantu ba seKirjatjearimi, na seKefira, na seBerote, amakulu a isikombisa namashumi amane nantatu.
30 Abantu ba seRama, na seGaba, amakulu a isitupa namashumi amabili nanye.
31 Abantu ba seMikmasi, ikulu namashumi amabili nambili.
32 Abantu ba seBeteli na seAi, ikulu namashumi amabili nantatu.
33 Abantu ba seNebo lesibili, amashumi a isihlanu nambili.
34 Inzalo ka Elami wesibili, inkulungwane namakulu amabili namashumi amahlanu nane.
35 Inzalo ka Harimo, amakulu amatatu namashumi amabili.
36 Abantu ba seJeriko, amakulu amatatu, namashumi amane nesihlanu.
37 Abantu ba seLodi, na seHadidi, na seOno amakulu a isikombisa namashumi amabili nanye.
38 Abantu ba seSena, izinkulungwane ezintatu, namakulu ashiyagalolunye namashumi amatatu.
39 Abapristi; inzalo ka Jedaia, abendhlu ka Jeshua, amakulu ashiyagalolunye namashumi akombisa nantatu.
40 Inzalo ka Imere, inkulungwane, namashumi a isihlanu nambili.
41 Inzalo ka Pashure, inkulungwane, namakulu amabili namashumi amane nesikombisa.
42 Inzalo ka Harimo, inkulungwane, neshumi nesikombisa.
43 AbaLevi: inzalo ka Jeshua, ka Kadmieli, inzalo ka Hodeva, amashumi a isikombisa nane.
44 Abahlabeleli; inzalo ka Asafa, ikulu namashumi amane nesishiyagalombili.
45 Abalindi bamasango, inzalo ka Shaluma, inzalo ka Atere, inzalo ka Talmona, inzalo ka Akuba, inzalo ka Hatita, inzalo ka Shobai, ikulu namashumi amatatu nesishiyagalombili.
46 AbaNetini, inzalo ka Ziha, inzalo ka Hasufa, inzalo ka Tabaote,
47 Inzalo ka Kerosi, inzalo ka Sia, inzalo ka Padona,
48 Inzalo ka Lebana, inzalo ka Hagabe, inzalo ka Shalmai,
49 Inzalo ka Hanani, inzalo ka Gidele, inzalo ka Gahare.
50 Inzalo ka Reaia, inzalo ka Rezina, inzalo ka Nekoda,
51 Inzalo ka Gazamu, inzalo ka Uza, inzalo ka Pasea,
52 Inzalo ka Besai, inzalo ka Mehunime, inzalo ka Nefishisemu,
53 Inzalo ka Bakbuki, inzalo ka Hakufa, inzalo ka Harhure,
54 Inzalo ka Bazlute, inzalo ka Mehida, inzalo ka Harosha,
55 Inzalo ka Bakose, inzalo ka Sisera, inzalo ka Tama,
56 Inzalo ka Nezia, inzalo ka Hatifa.
57 Inzalo yezinceku zika Solomona; inzalo ka Sotai, inzalo ka Soferete, inzalo ka Perida,
58 Inzalo ka Jala, inzalo ka Dakona, inzalo ka Gidele,
59 Inzalo ka Shefatia, inzalo ka Hatila, inzalo ka Pokerete, ka Zebaimu, inzalo ka Amoni.
60 AbaNetini bonke kanye nenzalo yezinceku zika Solomona, ba be amakulu amatatu, namashumi a isishiyalolunye nambili.
61 Ibo laba futi aba be kupukile, eTelmela, eTelharesa, eKerube, eAdane, na seImere: kepa ba be nge nakubonakalisa indhlu ya oyise, nokuzalwa kwabo, nokuba ba be aba kwa Israeli.
62 Inzalo ka Delaia, inzalo ka Tobia, inzalo ka Nekoda, amakulu a isitupa, namashumi amane nambili.
63 Na kubapristi: inzalo ka Habaia, inzalo ka Kozi, inzalo ka Barzilai, yena owa ganwa indodakazi ka Barzilai umGiladi, wa e bizwa ngegama labo.
64 Laba ba funa ukubalwa kwabo pakati kwa babalwayo ngokuzalwa kwabo, kepa a ku funyanwanga: ngako kwa tiwa aba ngcolileyo, ba kitywa ebupristini, ngokungati ba ngcolile.
65 Umbusi wa ti kubona ba ngeze ba dhla okungewele, ku ze ku vele umpriste o neUrimi neTumimi.
66 Umumo webandhla lonke wa u izinkulungwane ezimashumi mane nambili namakulu amatatu namashumi a isitupa,
67 Ngapandhle kwezinceku zabo zesilisa nezesifazana, zona za zi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu amatatu namashumi amatatu nesikombisa: ba be nabesilisa nabesifazana aba hlabelelayo aba ngamakulu amabili namashumi amane nesihlanu.
68 Amahashi abo, amakulu a isikombisa namashumi amatatu nesitupa: izimbongolo zabo, amakulu amabili namashumi amane nesihlanu.
69 Amakamelo abo, amakulu amane namashumi amatatu nanhlanu: izinjo-

mane izinkulungwane ezi isitupa namakulu a isikombisa namashumi amabili.

70 Abanye abanumzana ba nikela emsebenzini. Umbusi wa nikela esikwameni amadarike egolide a inkulungwane, izitya ezi amashumi a isihlanu, izingubo zabapristi, ezi amakulu a isihlanu namashumi amatatu.

71 Abanye abanumzana ba nikela esikwameni amadarike egolide a izinkulungwane ezi amashumi amabili, nezilinganiso zesiliva ezi izinkulungwane ezimbili, namakulu amabili.

72 Loku okwa nikelwayo abanye abantu kwa ku amadarike egolide a izinkulungwane ezi amashumi amabili, nezilinganiso zesiliva ezi izinkulungwane ezimbili, nezingubo zabapristi ezi amashumi a isitupa nesikombisa.

73 Njalo abapristi, nabaLevi, nabalindi beminyango, nabahlabeleli, nabanye babantu, namaNetini, nabo bonke abaIsraeli ba hlala emizini yabo; ekutwaseni kwenyanga yesikombisa abaIsraeli bonke ba be hlezi emizini ya kubo.

## ISAHLUKO 8.

ABANTU bonke be butene nganhliziyonye ebaleni ngapambili kwesango lamanzi: ba tyo kuEzra umbali ukuti a lete incwadi yomteto ka Mosi, uJehova a be yalile abaIsraeli ngawo.

2 Wa ti uEzra umpristi wa leta umteto, pambi komhlangano wabesilisa nabesifazana nabo bonke aba be ngezwa ba qonde, ngosuku lokuqala lwenyanga yesikombisa.

3 Wa u funda ngasebaleni eli ngapambi kwesango lamanzi, wa qala kusasa kwa za kwa semini, ebusweni babesilisa nabesifazana, bonke aba be nako ukuzwisa izindhlebe zabantu bonke.za lalela incwadi yomteto.

4 Umbali uEzra wema endaweni epakamileyo yamaplankwe aba be yenzele lomsebenzi, kwema naye, nga kwesokunene sake, oMatitia, noShema, noAnaia, noUrija, noHilkia, noMaseia; ngakwesokodhlo sake; oPedia, noMishali, noMalkia, noHashume, noHashbadana uZekeria noMeshulamu.

5 uEzra wa yi penya incwadi emehlweni abo bonke abantu; ngokuba wa e·pakeme ngapezulu kwabantu bonke; lapo e penya ba suka bema bonke abantu.

6 uEzra wa m bonga uJehova, uTixo omkulu. Bonke abantu ba vuma, be ti, Ameni, Ameni, be pakamisa izandhla zabo; ba kotama ba m dumisa uJehova ubuso babo bu bheke pantsi.

7 Futi uJeshua, noBani, noSherebia, uJamina, uAkuba, uShabetai, uHodija, uMaseia, uKelita, uAzaria, uJozabade, uHanani, uPelaia, nabaLevi ba ba fundisa abantu umteto: abantu bema ezindaweni zabo.

8 Njaloke be funda encwadini emteweni ka Tixo ba pimisela kahle, ba zwakalisa kahle, ba ba qondisa okufundwayo.

9 Wa ti uNehemia o ngumbusi noEzra umpristi umbali, nabaLevi, abafundisi babantu, ba ti kubantu bonke, Lolusuku lu ngcwele kuJehova uTixo wenu; ni nga dabuki, ni nga kali. Ngokuba bonke abantu ba be kala, lapo bezwa amazwi omteto.

10 Wa ti kubo, Hambani ni dhle okunonileyo, ni puze okumandi, ni babele laba aba nga lungiselwanga luto: ngokuba namhla ku usuku olungcwele kuJehova wetu; ni nga dabuki, ngokuba ukutokoza oku vela kuJehova ku amandhla enu.

11 Ku njalo abaLevi ba tulisa abantu bonke, be ti, Tulani ngoba namhla usuku olungcwele; ni nga dabuki.

12 Bonke abantu ba hamba ba ya kudhla, nokupuza, nokubabela abanye, nokujabula kakulu, ngokuba ba be zwile amazwi aba be wa tyeliwe.

13 Ngolwesibili kwa butana abanumzana babantu bonke, abapristi, nabaLevi, beza kuEzra umbali ukuze ba qonde amazwi omteto.

14 Ba fumana ku baliwe emtetweni uJehova a u yalayo ngaye uMosi, ukuba abantwana ba ka Israeli ba hlale emadokodweni ngesikati somhlangano wenyanga yesikombisa:

15 Nokuba ba memezele ba tumele izwi emizini yonke ya kubo, na seJerusalema, be ti, Pumani ni ye entabeni ni lete amagatya omhlwati, namagatya omtidhari, namagatya emihadusi namagatya esundu, namagatya emiti emihle, nenze amadokodo, njengokuba ku baliwe.

16 Njaloke abantu ba puma ba wa leta, ba zenzela amadokodo kwa ilowo opahleni lwendhlu yake, nasebaleni lake, nasemabaleni endhlu ka Tixo, nasendhleleni yesango lamanzi, nasebaleni lesango lika Efraimi.

17 Wonke umhlangano wabo aba be

buyile kuzo izitunjwa, ba zenzela amadokodo ba hlala emadokodweni abo; seloku wa fa uJoshua indodana ka Nuni, ku ze ku be i lolusuku, abantwana ba ka Israeli ba be nga kwenzile loku. Kwa ku kona ukujabula okukulu.
18 Wa funda encwadini yomteto ka-Tixo imihla ngemihla iloku kwa qala ngomhla wokuqala, kwa za kwa ba umhla wokugcina. Benza umhlangano izinsuku ezi isikombisa; ngosuku lwesishiyagalombili kwa ba kona isonto, njengomkuba wabo.

## ISAHLUKO 9.

KWA ti ngosuku lwamashumi amabili lwa leyo nyanga abantwana ba ka Israeli ba be butene, be zile ukudhla, be gqoke izindwangu zokulila, be zitele ngomhlabati.
2 Inzalo ka Israeli ya zahlukanisa kwabezizwe bonke, besuka bema be bika izono zabo, nokona kwa okoko babo.
3 Besuka bema ezindaweni zabo, be funda encwadini yomteto ka Jehova uTixo wabo, inxenye yesine yosuku ngenye inxenye yesine yosuku ba vuma, ba m dumisa uJehova uTixo wabo.
4 Besuka bema endaweni epakamileyo kubaLevi, uJeshua, uBani, uKadmieli, uShebania, uBuni, uSherebia, uBani, uKenani, ba memeza ngezwi elikulu kuye uJehova uTixo wabo.
5 Kona abaLevi, noJeshua, noKadmieli, uBani, uHashabania, uSherebia, uHodija, uShebania, uPetahia, ba ti, Sukani, ni me ni bonge uJehova uTixo wenu ku ze ku be nini: ma li bongwe igama lako elikazimulayo, elipakanyisiwe nga pezulu kwako konke okubongiweyo nokudunyisiweyo.
6 Wena, u nguJehova wedwa, wena u lenzile izulu, izulu lamazulu, namabandhla onke awo, umhlaba, nako konke oku kuwo, ulwandhle, nako konke oku kulo, wena u londa konke; amabandhla ezulu a dumisa wena.
7 Wena u nguJehova uTixo owa m keta uAbrama wa m kipa eUri lamaKaldi, wa muta igama lokuti uAbrahama,
8 Wa yi fumana inhliziyo yake i qinisile kuwe, wa senza isivumelwano naye ukuba a m nike izwe lamaKanani, ne lamaHiti, ne lamaAmori, ne lamaPerizi, ne lamaJebusi, ne lamaGirgashi, enzalweni yake, wa wa feza amazwi ako; ngokuba wena u lungile.
9 Wa ku bona ukuhlupeka kwa okoko betu, Egipite, wa ku zwa ukukala kwabo elwandhle olubomvu;
10 Wa zenza iziboniso nemimangaliso kuFaro, na kuzo zonke izinceku zake, na kubo bonke abantu bezwe lake: ngokuba wa be wazi ukuba ba beyisa. Ku njalo wa zenzela igama lako li be likulu njengokuba li kona namhlanje.
11 Wa lwahlukanisa ulwandhle pambi kwabo, ba dabula elwandhle, be hamba emhlabatini owomileyo; aba be ba hlupa wa ba ponsa elwandhle njengetye li ponseka emanzini amakulu.
12 Wa ba hola emini ngensika yefu; na sebusuku ngensika yomlilo, ukubakanyisela endhleleni aba hamba ngayo.
13 Wehlela entabeni iSinai, wa kuluma nabo u sezulwini wena wa ba nika izimiso ezifaneleyo, nemiteto elungileyo, nemiyalo emihle: nezimemezelo.
14 Wa bazisa isabata lako elingcwele, wa ba luleka ngemiyalo na ngezimiso na ngemiteto ngesandhla senceku yako uMosi:
15 Wa ba nika isinkwa sa sezulwini ngokulamba kwabo, wa ba kipela amanzi etyeni ngokoma kwabo, wa tyo kubo ukuti ba ya kufuya izwe o bu fungile ukuti u za ku ba nika lona.
16 Kepa bona nokoko betu ba zeyisa ba qinisa izintamo zabo, ka ba lalelanga imiyalo yako.
17 Ba nqaba ukulalela a ba kumbulanga izimangaliso obu zenzile pakati kwabo be bona; ba qinisa izintamo zabo na ngokuhlubuka kwabo ba mise inkosi ukuba ba buyele ekubotyweni kwabo; kepa wena u nguTixo o vumayo ukutetela, o nomusa, o nobubele, o puza ukutukutela, o haukelayo njalo, ka u ba shiyanga.
18 Yebo, na lapo se be lenzile itole elikandiweyo be ti, Iloku uTixo wenu, o ni kupulileyo Egipite, ba kweisa kakulu.
19 Noko wena, ngawo umusa wako omkulu a u ba shiyanga ehlane; insika yefu a i ba shiyanga emini ya ba hola endhleleni, nensika yomlilo ebusuku ya ba kanyisela ukuba ba bone indhlela aba hamba ngayo.
20 Wa ba pa futi umoya wako omuhle ukubafundisa a u ba ncityanga imana lako emilonyeni yabo, wa ba pa namanzi uma bomile.
21 Yebo, wa bondhla iminyaka emashumi mane ehlane ka ba dinganga lu-

to; izingubo zabo a zi guganga, nezinya-
wo zabo a zi vuvukalanga.
22 Futi wa ba pa imibuso nezizwe, wa
ba hlukanisela ngezindawo; njaloke ba
tola izwe lika Sihoni, nezwe lenkosi ya
seHeshbone nezwe lika Hogi, inkosi ya
seBashani.
23 Wa bandisa abantwana babo ba ze
ba ba ngangezinkanyezi zezulu, wa ba
zisa ezweni o bu li tyilo ngalo koyise ba-
bo ukuti ba za kungena ba li fuye.
24 Njalo abantwana ba ngena ba li
fuye izwe, wa nqoba pambi kwabo aba-
ntu bezwe, amaKanani, wa wa nikela
ezandhleni zabo, kanye namakosi awo,
nabantu abakileyo ezweni, ukuba benze
kubona njengentando yabo.
25 Ba tabata imizi e izinqaba, nezwe
elivundileyo, ba be nezindhlu eza zi-
gcwele impahla yonke imigodi yamanzi
embiweyo, nezivini, nesihlwati, nemiti
eminingi enezitelo zokudhla: ba dhla,
besuta, ba kulupala, ba zijabulisa ngobu-
nene bako obukulu.
26 Noko ba nqaba ukulalela, ba hlu-
buka kuwe, ba u dela umteto wako, ba
bulala abaprofeti bako aba ba sola nga-
macala abo, ba cunula kakulu.
27 Ngako wa ba nikela ezandhleni ze-
zita zabo, eza ba hlupa: ngesikati soku-
hlupeka kwabo, lapo be kulekayo kuwe,
wa bezwa u sezulwini; na njengomusa
wako omkulu wa ba nika abasindisi,
aba ba sindisayo ezandhleni zezita zabo.
28 Kepa se be nokutula ba buye, bona
pambi kwako: ngako wa ba yeka be se-
zandhleni zezita zabo, zona za bahlula:
kepa lapo ba buya ba kuleka kuwe, wa
bezwa u sezulwini, wa ba kulula izikati
eziningi njengomusa wako;
29 Wa fakaza ngabo, ukuze u ba buyi-
sele pansi komteto wako; kepa bona ba
kweisa a ba yi lalelanga imiteto yako,
kepa bapula imiyalo yako, loko uma
umuntu e yenza, u ya pila ngayo; ba
kipe ihlombe, ba qinise izintamo zabo,
bala ukuzwa.
30 Kepa iminyaka emininigi wa ba ha-
ukela, wa ba sola, ngomoya wako, na
ngabaprofeti bako; ba nqaba ukuzwa
noko: ngako wa ba nikela ezandhleni
zabezizwe.
31 Kepa ngenxa yomusa wako omku-
lu, ka u ba qedanga ukuti nya, ka u ba
shiyanga; ngoba wena u nguTixo o no-
musa, o haukelayo.
32 Njaloke wena Tixo wetu, u uTixo
omkulu, o namandhla, o sabekayo, o gci-
nayo isivumelwano nomusa, ukuhlupe-
ka konke loku, ma ku nga bi ku ncane
emehlweni ako, oku sehleleyo tina, na-
makosi etu, namakosana etu, nabapristi
betu, nabaprofeti betu, nobaba betu, na-
bantu bonke bako, kwa sesikatini sa-
makosi a seAsiria, ku ze ku be na-
mhlanje.
33 Ku sehlela kahle kodwa konke lo-
ku o ku sehleleyo, ngoba wena wenzile
kahle, kodwa tina sonile.
34 Amakosi etu, namakosana etu, na-
bapristi betu, nobaba betu, kanye a ba
gcinayo umteto wako, a ba lalelayo imi-
yalo yako, nezimemezelo zako, owa ba
solayo ngazo.
35 A ba ku konzanga embusweni wa-
bo, na semuseni wako, o wa ba nika wo-
na, na sezweni elikulu elivundileyo o
wa ba pa lona, a ba yi delanga imisebe-
nzi yabo emibi.
36 Bheka, tina si izinceku namhlanje;
nezwe o wa li nika obaba betu ukuba
ba dhle izitelo zalo, nokuhle kwalo, tina
si izigqili kulo impela.
37 Li ya wa telela kakulu amakosi
owa misileyo ukuba a si buse ngenxa
yezono zetu, futi a busa nemizimba yetu,
nezinkomo zetu, ngentando yawo: tina
si sekuhlupekeni okukulu.
38 Ngako konke loku senze isivume-
lwano esiqinileyo, si ya si loba; amako-
sana etu, kanye nabaLevi, nabapristi
betu, ba ya si qinisa.

## ISAHLUKO 10.

ABA si qinisayo kwa ku oNehemia,
umbusi, indodana ka Hakalia, no-
Zidikija,
2 uSeraia, uAzaria, uJeremia,
3 uPashure, uAmaria, uMalkija,
4 uHatushe, uShebenia, uMaluka,
5 uHarimo, uMeremote, uObadia,
6 uDanyeli, uGinetone, uBaruki,
7 uMeshulamu, uAbija, uMijamina,
8 uMazia, uBilgai, uShemaia, laba ba
be abapristi.
9 AbaLevi, uJeshua, indodana ka Aza-
nia, uBinui wamadodana ka Henadade,
uKadmieli;
10 Abafo wabo, oShebania, uHodija,
uKelita, uPelaia, uHanani,
11 uMika, uRehobi, uHashabia,
12 uZakuri, uSherebia, uShebania,
13 uHodija, uBani, uBeninu,
14 Abaizikulu kubantu; uParoshe,
uPahatemoabi, uElami, uZatu, uBani,
15 uBuni, uAzgade, uBehai,

16 uAdonija, uBigvai, uAdine,
17 uAtere, uHizkija, uAzure,
18 uHodija, uHashume, uBezai,
19 uHarifa, uAnatoti, uNebai,
20 uMagpiasha, uMeshulamu, uHezire,
21 uMeshezabeli, uZadoki, uJadua,
22 uPelatia, uHanani, uAnaia,
23 uHoshea, uHanania, uHashube,
24 uHalohesha, uPileha, uShobeka,
25 uRehuma, uHashabna, uMaseia,
26 Nabo oAhija, noHanani, noAnani,
27 uMaluka, uHarimo, uBana,
28 Nabaseleyo kubantu ba ngabapristi, nabaLevi, nabalindi bamasango, nabahlabeleli, namaNetini, nabo bonke aba be zahlukanisile kubantu bezizwe, ba zinikela emtetweni ka Jehova; abafazi babo, amadodana abo, amadodakazi abo bonke aba nokwazi, nengqondo;
29 Ba namatela kubafo wabo, izinduna za kubo, ba ngena esifungweni nasesivumelwaneni ukuba ba hambe emtetweni ka Tixo, nokugcina, nokwenza njengemiyalo yonke ka Jehova uTixo wetu, nezimiso zake nezimemezelo zake;
30 Ukuba si nga niki izintombi zetu abantu bezwe, si nga tateli abafana betu izintombi zabo.
31 Noma abantu bezwe be leta impahla nokudhla ngesabata be funa ukutengisa ngako, ukuba si nga ku tengi ngesabata na ngosuku olu ingcwele: si yeke umnyaka wesikombisa si nga mangaleli muntu ngecala.
32 Futi si zenzele umteto, ukuba si tele iminyaka ngeminyaka okwesitatu kweshekeli, si telele umsebenzi wendhlu ka Tixo wetu;
33 Nezinkwa zokubhekela, neminikelo wokudhla imihla ngemihla, nomnikelo wokutya imihla ngemihla wamasabata, okwetwasa kwezinyanga wemihlangano emisiweyo, wezinto ezingcwele, weminikelo yezono, ukuhlaulela abaIsraeli, nowomisebenzi wonke wendhlu ka Tixo wetu.
34 Senza inkato pakati kwabapristi, nabaLevi, kanye nabantu, ngawo umnikelo wezinkuni ukuba si zilete endhlini ka Tixo wetu, njengezindhlu za obaba, ngezikati ezimisiweyo iminyaka ngeminyaka ukubasa pezu kwelati lika Jehova uTixo wetu, njengokulotyiwe emtetweni.
35 Nokuba si lete imilibo yomhlabati wetu, nemilibo yezitelo zemiti yonke, iminyaka ngeminyaka, endhlini ka Jehova;
36 Namazibulo amadodana etu, na wezilwane zetu njengokulotyiweyo emtetweni; nowamazibulo emihlambi yetu, uku i leta endhlini ka Tixo wetu, kubapristi aba konzayo endhlini ka Tixo wetu:
37 Nokuba si lete okokuqala kwempupu yetu, neminikelo yetu, nezitelo zemiti yezinhlobo zonke, iwaini, namafuta kubapristi, emakamelweni endhlu ka Tixo wetu; nokweshumi komhlabati wetu kubaLevi ukuze labo baLevi ba tole okweshumi emizini yonke yetu.
38 Umpristi wenzalo ka Aroni u ya kuba ndawonye nabaLevi, lapo abaLevi bamkela okweshumi: AbaLevi ba ya kuleta okweshumi lamashumi endhlini ka Tixo wetu, emakamelweni endhlini yemfuyo.
39 Ngoba abantwana baka Israeli kanye nabantwana baka Levi ba ya kuleta umnikelo wamabele, nowewaini elitya, nowamafuta ezindhlini, lapo ku kona izitya ezingcwele, nabapristi aba konzayo, nabalindi bamasango, nabahlabeleli: tina a si yi ku yi shiya indhlu ka Tixo wetu.

## ISAHLUKO 11.

ABABUSI babantu ba hlala eJerusalema, abantu abanye benza inkato ukuba ba tate omunye kwaba ishumi a zo hlala eJerusalema, umuzi o ingcwele, naba isishiyagalolunye kweminye imizi.
2 Abantu ba bonga bonke abantu aba vuma ngenhliziyo ukuhlala eJerusalema.
3 Laba ba izikulu zezwe eza zi hlala eJerusalema: kodwa emizini ya kwaJuda ba hlala kwa ilowo endaweni yake emizini ya kubo, abaIsraeli, abapristi, abaLevi, amaNetini, nabantwana bezinceku zika Solomona.
4 Ba hlala eJerusalema abatile ku bantwana baka Juda, na kubantwana baka Benjamini: na kwaba ka Juda; uAthaia indodana ka Uzia, indodana ka Zekeria, indodana ka Amaria, indodana ka Shefatia, indodana ka Mahalaleli, kubantwana ba ka Perezi;
5 NoMaseia indodana ka Baruki, indodana ka Kolhozi, indodana ka Hazaia, indodana ka Adaia, indodana ka Joiaribe, indodana ka Zekaria, indodana ka Shiloni.
6 Onke amadodana ka Perezi a hlalayo eJerusalema, amaqawe a ngamakulu amane, namashumi a isitupa nesishiyagalombili.

7 Lawa amadodana ka Benjamini, uSalu indodana ka Meshulamu, indodana ka Joeda, indodana ka Pedaia, indodana ka Kolaia, indodana ka Maseia, indodana ka Itieli, indodana ka Jesaia.

8 Ngasemva kwake uGabai, Salai, amakulu ashiyagalolunye, namashumi amabili nesishiyagalombili.

9 Umbonisi wabo wa e uJoeli indodana ka Zikri; uJuda indodana ka Senua wa e ngowesibili pezu komuzi.

10 Kubapristi; uJedaia indodana ka Joiaribe, uJakini.

11 uSeraia indodana ka Hilkia, indodana ka Meshulamu, indodana ka Zadoki indodana ka Meraiote, indodana ka Ahitubi, yena wa e pezu kwendhlu ka Tixo.

12 Abafo wabo abenza umsebenzi wendhlu, ba be amakulu a isishiyagalombili namashumi amabili nambili: noAdaia indodana ka Jerohamu, indodana ka Pelalia, indodana ka Amzi, indodana ka Zekaria, indodana ka Pashure, indodana ka Malkia,

13 Nabafo wabo, aba izikulu kwabadala ba be amakulu amabili namashumi amane nambili: noAmashai indodana ka Azareli indodana ka Ahasai, indodana ka Meshilemoti, indodana ka Ka Imere.

14 Nabafo wabo, amaqawe ikulu namashumi amabili nesishiyagalombili: umbonisi wabo uZabdieli, indodana yomunye kumaqawe.

15 KubaLevi, uShemaia indodana ka Hasbube, indodana ka Azrikamu, indodana ka Hashabia, indodana ka Buni;

16 NoShabetai, noJozabade womkulu kubaLevi, be ababonisi bomsebenzi o nga pandhle kwendhlu ka Jehova.

17 uMatania, indodana ka Mika, indodana ka Zabdi, indodana ka Asafa, u yena owa hola ekuqaleni ukubonga ekukulekeni: noBakbukia wesibili kubafo wabo, noAbda indodana ka Shamua indodana ka Galali, indodana ka Jedutuni.

18 Bonke abaLevi aba be semuzini ongcwele ba be amakulu amabili, namashumi ashiyagalombili nane.

19 Nabalindi bamasango, oAkuba, noTalmona, nabafo wabo aba be gcina amasango ba be ikulu namashumi a isikombisa nambili.

20 Abaseleyo kubaIsraeli, abapristi, nabaLevi, ba hlala emizini yonke ya kwa Juda kwa ilowo endaweni yake.

21 AmaNetini a hlala eOfele, uZiha, noGispa ba be pezu kwamaNetini.

22 Umbonisi futi wabaLevi eJerusalema kwa kuUzi indodana ka Bani, indodana ka Hashabia, indodana ka Matania, indodana ka Mika, kumadodana ka Asafa, abahlabeleli ba be pezu komsebenzi wendhlu ka Jehova.

23 Ngokuba kwa ku umyalo wenkosi ngabo, nesimiso esiqinileyo nga bahlabeleli umsebenzi otile wemihla ngemihla.

24 uPetahia indodana ka Meshezabeli, kubantwana ba ka Zera indodana ka Juda, yena wa be isandhla senkosi ezindabeni zonke zabantu.

25 Imizana, namasimu ayo, abanye abantwana baka Juda aba hlala kuyo eKirjatarba, na semizaneni ya kona na seDiboni, na semizaneni ya kona, na se Jekabzeli, na semizaneni ya kona,

26 Na seJeshua, na seMolada, na seBethpaleti,

27 Na seHazarshuali, na seBeresheba, na semizaneni ya kona,

28 Na seZiklagi, na seMekona, na semizaneni ya kona,

29 Na seEnrimona, na seZaria, na seJamuta,

30 Na seZanoa, eAdalamu, na semizaneni ya kona, eLakisha, namasimu a kona, eAzeka, na semizaneni ya kona. Ba hlala kwa suka eBeresheba kwa za kwa fika emfundeni ya seHinoma.

31 Nabantwana baka Benjamini ba hlala kwa qala eGeba kwa za kwa beka eMikmashi, na seAija, na seBeteli, na semizaneni ya kona,

32 Na seAnatoti, na seNobi, na seAnania,

33 Na seHazori, na seRama, na seGitaimu,

34 Na seHadidi, na seZebomi, na seNebalate,

35 Na seLodi, na seOno, imfunda yabasebenzi.

36 Kuba Levi abahluka kwa Juda, na kwa Benjamini.

## ISAHLUKO 12.

LABA ba abapristi, nabaLevi abakupukayo noZerubabeli indodana ka Shealtieli, noJeshua: uSeraia, uJeremia, uEzra,

2 uAmaria, uMaluki, uHatushe,

3 uShekania, uRehume, uMeremote,

4 uIdo, uGineto, uAbija,

5 uMiamina, uMadia, uBilga,

6 uShemaia, noJoairibe, noJedaia,

7 uSala, uAmoke, uHilkia, uJedaia.
Laba ba be izikulu zabapristi ne zabafo
wabo emihleni ka Jeshua.
8 NabaLevi; uJeshua, uBinui, uKad-
mieli, uSherebia, uJuda, noMatania wa
e pezu kokubonga, yena nabafo wabo.
9 NoBakbukia noUni, abafo wabo ba
be malungana nabo ekulindeni.
10 uJeshua wa m zala uJoiakimu, uJo-
iakimu wa zala uEliashibe, uEliashibe
wa zala uJoiada,
11 uJoiada wa zala uJonatani, uJona-
tani wa zala uJadua.
12 Emihleni ka Joiakimu ba be kona
abapristi, izikulu za oyise: ka Seraia,
uMeraia; ka Jeremia, uHanania;
13 Ka Ezra, uMeshulamu; ka Ama-
ria, uJehohanani;
14 Ka Meliku, uJonatani; ka Sheba-
nia, uJosefa;
15 Ka Harimo, uAdna; ka Meraiote,
uHelkai;
16 Ka Ido, uZekaria; ka Ginetone,
uMeshulamu;
17 Ka Abija, uZikri; ka Miniamina,
ka Moadia, uPiltai;
18 Ka Bilga, uShamua; ka Shemaia,
uJehonatani;
19 Ka Joiaribe, uMatenai; ka Jedaia,
uUzi;
20 Ka Salai, uKalai; ka Amoke,
uEbere;
21 Ka Hilkia, uHashabia; ka Jedaia,
uNetaneli.
22 AbaLevi emihleni ka Eliashibe,
uJoiada, uJohanani, noJadua ba be bali-
we njengezikulu za oyise: futi nabapri-
sti kwa za kwa busa uDariasu umPa-
rasi.
23 Amadodana ka Levi, izikulu za
oyise a e baliwe encwadini yamagama,
kwa za kwa ba semihleni ka Johanani
indodana ka Eliashibe.
24 Izikulu zabaLevi, uHashabia, uShe-
rebia, noJeshua indodana ka Kadmieli,
nabafo wabo ba be malungana nabo uku-
dumisa nokubonga, njengomyalo ka Da-
vida umuntu ka Tixo.
25 uMatania noBakbukia, uObadia,
uMeshulamu, uTalmona, uAkuba, ba be
linda ezindhlini zemfuyo zamasango.
26 Laba ba be kona emihleni ka Joia-
kimu, indodana ka Jeshua, indodana ka
Jozadake na semihleni ka Nehemia
umbusi na kwe ka Ezra umpristi
umbali.
27 Ekwahlukanisweni kodonga lwa
seJerusalema ba funa abaLevi ezinda-
weni zonke zabo, ukubayisa eJerusale-
ma ukwenza umhlangano wokwahluka-
nisa ngokujabula, nokubonga na ngo-
kuhlabelela, ngezinkohlisa, nemiqanga-
la nezingubu.
28 Amadodana abahlabeleli a butana
e vela etafeni elizungeze iJerusalema, na
semizaneni ya seNetofati,
29 Na sendhlini ka Gilgali; na sema-
simini a seGeba, neAzmavete: ngoba
abahlabeleli ba be zakele imizana nga se-
Jerusalema:
30 Abapristi nabaLevi ba zahlukanisa
ba hlambulula nabantu, namasango, no-
donga.
31 Kona nga kupulela amakosana a
kwa Juda odongeni, nga misa amaba-
ndhla amabili amakulu, ababongayo,
elinye la kupuka odongeni nga kweso-
kunene la bheka esangweni lezala.
32 Ngasemva kwabo kwa hamba
uHoshaia nenxenye yamakosana a kwa
Juda,
33 NoAzaria, noEzra, noMeshulamu,
34 NoJuda, noBenjamini, noShemaia,
noJeremia,
35 Nabamadodana abapristi be pete
amatilongo, uZekaria indodana ka Jona-
tani, indodana ka Shemaia, indodana ka
Matania, indodana ka Mikaia, indodana
ka Zakure, indodana ka Asafa:
36 Nabafo wabo, uShemaia, uAzraeli,
uMilalai, uGilalai, uMai, uNetaneli, uJu-
da, noHanani, be pete izingubu zika Da-
vida umuntu ka Tixo, noEzra umbali e
pambi kwabo.
37 Na pezu kwesango eli pambi kwa-
bo, ba kupuka ngezikwelo za semuzini
ka Davida, ekwenyukeni kodonga, nga
senhla kwendhlu ka Davida, kwa za
kwa fika esangweni lamanzi, ngase-
mpumalanga.
38 Nelinye ibandhla lababongayo la
hamba malungana nabo, mina nga ba
landela nenxenye yabantu ukukupuka
odongeni, kwa suka embotyongweni
wamaziko kwa za kwa fika odongeni
olu banzi.
39 Ba dhlula isango lika Efraimi, ne-
sango elidala, nesango lezinhlanzi; no-
mbotyongo ka Hananeli, nombotyongo
ka Mea, ba za ba fika esangweni lezi-
mvu: bema esangweni letilongo.
40 Ema kanjaloke amabandhla ama-
bili abo ababongayo endhlini ka Tixo:
nami kanye nenxenye yababusi.
41 Nabapristi; uEliakimu, uMeseia,
uMiniamini, uMikaia, uElioenai, uZe-

karia, noHanania, be pete amatilo-
ngo;
42 NoMaseia, noShemaia, noEleazari,
noUzi, noJehohanani, noMalkija, no-
Elami, noEzere. Abahlabeleli ba hlabe-
lela be zwakalisa amazwi abo, noJezra-
hia umbonisi wabo.
43 Ngalolo suku ba nikela iminikelo
emikulu ba jabula ngokuba uTixo wa e
benzile ba jabule ngokujabula okuku-
lu nomkabo nabantwana ba jabula futi:
njalo ukutokoza kwa seJerusalema kwe-
zwakala kude.
44 Ngaleso sikati kwa ku miswa aba-
ntu abatile ukuba ba gcine izindhlu ze-
mfuyo, nezeminikelo nemilibo, nezitelo
zamashumi, ukuba ba butele njengama-
simu emizi, izabelo ezimiselwe abapristi
nabaLevi ngomteto: ngokuba uJuda wa
jabula ngenxa yabapristi nabaLevi aba-
konzayo.
45 Nabahlabeleli nabalindi bamasa-
ngo, ba gcine ukulinda kuka Tixo wabo,
nokulinda kokuhlambulula njengomteto
ka Davida noSolomona indodana yake.
46 Ngokuba emihleni ka Davida neka
Asafa, aba sendulo kwa ku kona izindu-
na zabahlabeleli, amagama okudumisa
noku m bonga uTixo.
47 AbaIsraeli bonke emihleni ka Zeru-
babeli, na semihleni ka Nehemia, ba ni-
kela izabelo zabahlabeleli nabalindi imi-
hla ngemihla ku ilowo isabelo sake: ba
hlukanisela abaLevi okungcwele; naba-
Levi ba hlukanisela inzalo ka Aroni.

## ISAHLUKO 13.

NGALOLOSUKU ba funda encwadini
ka Mosi ezindhlebeni zabantu okwa
ku lotyiwe kuyo ukuti, amaAmoni na-
maMoabi, ba ngeze ba ngena enhlanga-
nweni ka Tixo.
2 Ngokuba be nga hlangabezanga aba-
ntwana baka Israeli ngesinkwa nama-
nzi, kepa ba kokela uBalami ukuba a ba
qalekise, kepa uTixo wetu wa pendu-
la ukuqalekisa kwake ku be inhlanhla.
3 Kwa ti lapo se be u zwile umteto, ba
hlukanisa kubaIsraeli abantu aba xu-
bene nabo.
4 Pezu kwako konke loku uEliashibe
umpristi e misiwe pezu kwamakamela
endhlu ka Tixo wetu, wa hlangana no-
Tobia:
5 Wa be e m lungisele indawo enkulu
lapo ngezikati ezi pambili, kwa ku be-
kwa kona iminikelo yokudhla, impepo,
izitya, nokweshumi kwamabele, newai-
ni elitya, namafuta okwa ku menyeze-
lwe ukunikelwa kubaLevi, nabahlabe-
leli, nabalindi bamasango; neminikelo
yabapristi.
6 Kepa ngaso sonke lesikati nga ngi
ngeko mina eJerusalema: ngokuba ngo-
mnyaka wamashumi amatatu nambili
ka Artasasta inkosi ya seBabulona, nge-
za enkosini na sekupeleni kwezinsuku
ezitile nga vunyelwa inkosi.
7 Ngeza eJerusalema: ngezwa okubi
uEliashibe a kwenzele uTobia lapo e m
lungisele indawo ebaleni lendhlu ka
Tixo.
8 Loku kwa ngi hlupa kakulu: ngako
nga i kipa impahla ka Tobia yonke, ku
leyondhlu.
9 Njalo nga tyo, ba lungisa ba hlanza
lezo zindawo: nga buyisela kona izitya
zendhlu ka Tixo, neminikelo yokudhla,
nempepo.
10 Nga bona ukuba izabelo zabaLevi
aba zi nikwanga: ngokuba abaLevi na-
bahlabeleli abasebenzayo ba se be bale-
kile kwa ilowo wa ya ensimini yake.
11 Kona nga kulumisana nababusi nga
ti ini ukuba indhlu ka Tixo i shiywe
nje? Nga ba hlanganisa, nga ba beka
ezindaweni zabo.
12 Konake abaJuda bonke ba leta
okweshumi kwamabele newaini elitya
namafuta endhlini yemfuyo.
13 Nga ba misa abagcini bemfuyo
pezu kwendhlu yemfuyo, uShelemia
umpristi, uZadoki umbali, kubaLevi,
uPedaia; nga ku bona uHanani indoda-
na ka Zakuri, indodana ka Matania, ngo-
kuba kwa tiwa abatembekayo, kwa ku
umsebenzi wabo ukwabela abafo wabo.
14 Ngi kumbule Tixo wami nga leyo
nto, u ngesuli izenzo zami ezinhle, e ngi
zenzile endhlini ka Tixo wami, nezi-
ndawo zayo.
15 Nga leyo mihla nga bona ngesabata
abanye be nyatela izikamo zewaini, be
leta izitungu zamabele, be twesa izimbo-
ngolo; newaini nezitelo zevini namaki-
wane, nemitwalo yonke, aba be yi nge-
nisa eJerusalema ngesabata: nga ba sola
ngosuku aba tengisa ngalo ukudhla.
16 Kwa ku hlala kona futi abantu ba
seTire, aba leta izinhlanzi, nempahla eni-
ngi, ba tengisa ngayo kubantwana ba
kwa Juda, na seJerusalema.
17 Kona nga kulumisana nezikulu za-
kwa Juda, nga ti kuzo, Ini kona loku
okubi e nikwenzayo, nona usuku lwesa-
bata na?

18 Oyihlo benu a benzanga ini okunje, noTixo wetu a kwehlisanga konke loku okubi pezu kwetu, na pezu kwa lomuzi na? Noko nina ni se hlisela ulaka olunye kuba Israeli ngokona isabata.
19 Kwa ti lapo amasango a seJerusalema e se qala ukwenza amatunzi ku nga ka fiki isabata, nga tyo ukuba amasango a valwe, nga ti a nga vulwa ko ze ku dhlule isabata: nga misa izinceku zami emasangweni ukuba ku nga ngeniswa umtwalo ngesabata.
20 Njaloke abatengisayo nabatengi bempahla yonke ba hlala nga pandhle komuzi wa seJerusalema kanye kabili.
21 Kona nga ba sola nga ti kubo, ni hlalelani ngasodongeni na? Uma ni buye nenze njalo ngo ni bamba. Ngasemva kwaloku ka ba pindange beze ngesabata.
22 Nga yala abaLevi ukuba ba zihlambulule beze ba wa linde amasango, ukwahlukanisa usuku lwesabata. Ngi kumbule Tixo wami na nga lento, u ngi haukele njengomusa wako omkulu.
23 Nga lezo zinsuku nga bona abaJuda aba be ganwe izintombi za seAshdodi ne za seAmoni ne za seMoabi:
24 Abantwana babo ba kuluma ulimi lwa seAshdodi, incozana, be nge nako ukukuluma ulimi lwabaJuda, ba kuluma no ezilimi zabantu ngabantu.
25 Nga ba tetisa, nga ba tuka, nga tyaya abanye babo, nga ba sipula izinwele, nga ba fungisa uTixo, nga ti, Ni nga niki amadodana abo izintombi zenu, ni nga tabateli amadodana enu izintombi zabo, ni nga zitabateli zona nani.
26 uSolomona inkosi yabaIsraeli a konanga ini nga lezizinto na? Kepa ezizweni eziningi ya i ngeko inkosi e fana naye, o wa e tandeka kuTixo wake, uTixo wa m misa a be inkosi yabaIsraeli bonke: kepa naye woniwa abafazi bezizwe.
27 Tina po so lalela nina, senze okubi loku okukulu, sone kuTixo wetu, ngokutata abafazi bezizwe na?
28 Omunye wamadodana ka Joiada, indodana ka Eliashibe umpristi omkulu, wa e umkwenyana ka Sanbalati umHoroni: ngako nga m xotya.
29 Ba kumbule Tixo wami ngokuba ba ngcolisile ubupristi, nesivumelwano sabapristi, nesabaLevi.
30 Njaloke nga ba hlukanisa kwa bezizwe bonke, nga misa izindawo zabapristi, nabaLevi, ku be ilowo emsebenzini wake.
31 Nomnikelo wezinkuni, ngesikati ezimisiweyo, nezemilibo. U ngi kumbule Tixo wami ngokuhle.

INCWADI KA

# ESETERE.

## ISAHLUKO 1.

KWA ti ezinsukwini zika Ahashurosi: (lo u nguye uAhashurosi o wa busa ku suka eIndia ku ze ku fike eKushi pezu kwamazwe a ikulu namashumi amabili nesikombisa.)
2 Ngalezi zinsuku inkosi uAhashurosi e hlezi esihlalweni sobukosi bake, esa seShushani isigodhlo:
3 Ngomnyaka wesitatu wokubusa kwake wenzela amakosana onke ake nezinceku zonke zake idili; amandhla a seParasi na seMadai, izinduna, nabakulu bamazwe, be pambi kwake.
4 Lapo wa bonisa ukuceba kobukosi bombuso wake, nodumo lokupakama kwake okudhlulayo izinsuku eziningi; kwa ba izinsuku ezi kulu namashumi a isishiyagalombili.
5 Se zi pelile lezizinsuku inkosi ya lenza idili elabantu bonke aba funyanwa eShushani inqaba, abakulu nabancinyane izinsuku ezi isikombisa ebaleni lensimu yenqaba yenkosi.
6 Lapa kwa ku kona izipanyeso ezimhlope, eziluhlaza nezibomvu zi botyelwe ngezintambo zelineni elibomvu emasangweni esiliva ezinsikeni zamatye; imibede ya i yigolide nesiliva i pezu kokugandayiweyo ngamatye aluhlaza, nabomvu, namhlope, namnyamana.
7 Kwa puzwa kona ngezitya zegolide ezi hlukeneyo esinye kwesinye newaini elihle eliningi njengobukosi benkosi.

8 Ukupuza kwa ku njengokomteto: a ku cindezelwanga muntu; ngokuba inkosi ya i misile kanjalo ezinduneni zonke zendhlu yayo, ukuba benze njengentando yabantu bonke ngabanye.

9 Naye uVashti inkosikazi wa benzela abesifazana idili enqabeni yenkosi uAhashurosi.

10 Kwa ti ngolwesikombisa usuku, inhliziyo yenkosi i si mnandi iwaini ya ti kubo, oMehumane, noBiztha, noHabona, noBigtha, noAbagta, noZeta, noKakasi izinduna ezi isikombisa e za konza ngapambi kwenkosi uAhashurosi,

11 Ma ba ngenise ngapambi kwenkosi inkosikazi, e gqoke isigqoko sobukosi ukuba ba bonise abantu, namakosi ubuhle bake, ngokuba wa e bukeka.

12 Inkosikazi uVashti ya nqaba ukuza njengokutyo kwenkosi o kwa ku ngesandhla sezinduna zayo. Ngako inkosi ya tukutela nolaka lwayo lwa vuta pakati kwayo.

13 Kona inkosi ya ti kwabahlakanipileyo izazi zesikati (ngokuba be li njalo izwi lenkosi ebusweni babo bonke abaziyo umteto, nokwaba.

14 Nabo aba seduze naye ba be uKashena, uSheta, uAdmata, uTashishi, uMeresi, uMarsena, noMemukani izikulu ezi isikombisa za seParesi neMadai eza zi bona ubuso benkosi eza zi hlala ku qala embusweni.)

15 Si ya kwenzani enkosikazini uVashti njengokomteto ngokuba a ka lenzanga izwi lenkosi uAhashurosi ela li ngesandhla seziduna zayo.

16 uMemukani wa pendula wa ti ebusweni benkosi nezinduna; uVashti inkosikazi a konile kupela inkosi, kodwa namakosana onke, nabantu bonke, aba semazweni onke a kaAhashurosi inkosi.

17 Ngoba lokukwenza kwenkosikazi ku ya kuzwakala kwabesifazana bonke, ba ti ba dele amadoda abo, emehlweni abo, lapo ku ya kubikwa ukuti inkosi uAhashurosi ya tyo ukuba inkosikazi uVashti i ngeniswe pambi kwayo, kodwa a kezanga.

18 Namakosikazi a seParasi na seMadai a za kutyo njalo namhla kumakosana a zwileyo ngokwenza kwenkosikazi. Ku ya kutike ku vuke ukudelela okukulu nolaka.

19 Uma ku kuhle enkosini ma li pume izwi lobukosi li vele kuyo, ma li lotywe pakati kwemiteto yamaParasi namaMadai li nga guqulwa lokuti uVashti a nga pindi a ngene pambi kwenkosi uAhashurosi, nenkosi ma i nike ifa layo lobukosi komunye, olungile ku naye.

20 Lapo umteto wenkosi, i za ku wenza, u ya kumenyezelwa embusweni wonke wayo (ngokuba umkulu) abafazi bonke ba ya kuhlonipa amadoda abo amakulu namancinyane.

21 Lelozwi la ba lihle emehlweni enkosi nezikulu: inkosi yenza njengezwi lika Memukani.

22 Ya ti ya tuma izincwadi emazweni onke enkosi kwa ba i ku lelozwe njengokubala kwalo, na kubantu bonke njengokukuluma kwabo, zokuba ku be i lowo muntu a buse endhlini yake; nokuba ku menyezelwe njengolimi lwabantu bonke.

## ISAHLUKO 2.

NGASEMVA kwa lamazwi, ulaka lwenkosi uAhashurosi se lu bohlile, ya m kumbula uVashti, loku okwa kwenziwa uye, naloku o kwa ku nqunyiwe ngaye.

2 Za ti izinceku zenkosi eza zi konza kuyo, ma ku funelwe inkosi izintombi ezintya, ezibukekayo:

3 Inkosi ma i mise izinduna emazweni onke ombuso wayo, ukuba zi butele ndawonye izintombi zonke ezintya, ezibukekayo eShushani inqaba endhlini yabesifazana pansi kwesandhla sika Hege induna yenkosi, umlindi wabesifazana, ma zi piwe zona izinto zokuhlambulula zazo.

4 Ma ku ti intombi e i kolayo inkosi i be inkosikazi esikundhleni sika Vashti. Lelizwi la ba lihle enkosini; yenza njalo.

5 Kwa ku kona eShushani enqabeni, umuntu o tile umJuda ogama lake la li uMordekai indodana ka Jaire indodana ka Shimi, indodana ka Kishi umBenjami.

6 O wa e tunjiwe eJerusalema kanye nabatunjwayo a ba be tunjiwe noJekonia inkosi ya kwa Juda, uNebukadnezari inkosi ya seBabulona.

7 Yena wa mondhla uHadasa, o ngu-Esetere indodakazi ka yisekazi; ngokuba wa ye e nge nayise e nge nanina, intombi e ya be inhle i bukeka; okwa ti se be file oyise nonina uMordekai wa i pata, ku nga ti indodakazi yake.

8 Kwa ti lapa se li zwakele izwi lenkosi nomyalo wayo, na lapa izintombi ezini-

ngi se zi butelwe eShushani inqaba zi li-
ndwe uHege noEsetere wa letwa endhli-
ni yenkosi ekulindeni kuka Hege umli-
ndi wabesifazana.
9 Ya ti intombi ya ba inhle emehlweni
ake, ya fumana umusa kuye, wa tyetya
wa yi nika oko ku yi hlambulula kanye
nazo izabelo zayo, nezintombi ezi isiko-
mbisa e za zi vela endhlini yenkosi e za
zi fanele ukupiwa zona, wa yi beka yona
nezintombi zayo endaweni enhle endhli-
ni yabesifazana.
10 uEsetere wa e nga batyongo abantu
ba kubo nesizalo sa kubo, ngokuba uMo-
rdekai e be m yalile ukuba a nga ba tyo.
11 Wa ti uMordekai wa hamba imihla
ngemihla ebaleni pambi kwendhlu ya-
besifazana ukuba azi ukuhlala kuka
Esetere.
12 Kwa ti lapa se ku fike isikati sezi-
ntombi zonke sokungena ngazinye enko-
sini uAhashurosi, emva kwa loko, kwa
ba izinyanga ezi ishumi nambili njengo-
mteto wesifazana (ngokuba za zi fezwa
kanjalo izinsuku zokuhlanjululwa kwa-
zo; ku be izinyanga ezi izitupa, kwenzi-
wa ngamafuta emure nezinyanga ezi isi-
tupa ngamaka amnandi na nga loko
oko ku hlambulula kwabesifazana,)
13 Konake zonke izintombi ze za
enkosini ngazinye, konke e ya i ku
funa ya ku nikwa ukuba i pume nako
endhlini yesifazana i ye endhlini ye-
nkosi.
14 Ya i hamba kusihlwa i buye ku-
sasa i ya endhlini yesibili yabesifazana
ekulindeni kuka Shasgazi induna ye-
nkosi e ya i linda abafazi benkosi i nga
pindi i ye enkosini uma inkosi i bi nga
kolwanga iyo noma i bi nga bizwanga
ngegama.
15 Ku te lapa se ku isikati sika Ese-
tere indodakazi ka Abahaieli uyisekazi
ka Mordekai a be i tatile i be eyake, se
ku ngenwa enkosini, a ka funanga luto
kupela loku uHege induna yenkosi umli-
ndi wabafazi a be ku tyilo: uEsetere
wa zuza umusa ebusweni babo bonke
aba m bonayo.
16 uEsetere wa yiswa kuyo inkosi
uAhashurosi endhlini yobukosi ngenya-
nga yeshumi e nguTebeti, ngonyaka
wesikombisa wokubusa kwake.
17 Inkosi ya m tanda uEsetere ku na-
bo bonke abesifazana, wa zuza umusa
notando emehlweni ake ku nazo zonke
izintombi: kwa ti wa beka isigqoko
sobukosi pezu kwekanda lake; wa m
misa a be inkosikazi esikundhleni sika
Vashti.
18 Ya ti inkosi yenzela izikulu zayo
zonke, nezinceku zayo idili elikulu, idili
lika Esetere yenzela amazwe ukupumu-
la, ya pa izipo njengobukulu benkosi.
19 Kwa ti lapo izintombi za butwa
ngokwesibili uMordekai wa be e hlezi
esangweni lenkosi.
20 uEsetere wa be e nga ka si tyo isi-
zalo sakubo nabantu bakubo, njengoku-
ba uMordekai wa be m yalile; uEsetere
wenza izwi lika Mordekai njenga lapo e
sa mondhla.
21 Ngalezo zinsuku uMordekai e sa
hlezi esangweni lenkosi, izinduna ze-
nkosi ezimbili uBigtane noTereshe ku-
zo eza zi linda umnyango za tukutela
za funa ukubeka izandhla pezu kwe-
nkosi uAhashurosi.
22 Ya ti indaba yaziwa uMordekai o
wa yi bika kuEsetere inkosikazi, uEse-
tere wa yi tyela inkosi, egameni lika
Mordekai.
23 Se i hloliwe lendaba; ya funyanwa
i njalo; ngakoke bobabili ba panyekwa
emtini: kwa lotywa encwadini yemise-
benzi yemihla pambi kwenkosi.

## ISAHLUKO 3.

NGASEMVA kwa lawa mazwi inkosi
uAhashurosi wa m kulisa uHamani
indodana ka Hamedatha umAgagi ya m
pakamisa ya misa isihlalo sake si be
pezu kwezikulu zonke eza zi naye.
2 Za ti izinceku zonke zenkosi e za zi
sesangweni lenkosi za guqa pansi za m
kotamela uHamani ngokuba inkosi i bi
yalile kanjalo ngaye: kodwa uMordekai
a ka guqanga a ka m kotamelanga.
3 Izinceku zenkosi e za zi ngasesa-
ngweni lenkosi za ti kuMordekai weqe-
lani umteto wenkosi na?
4 Kwa ti, ngokutyo kwazo kuye imi-
hla ngemihla nokungalaleli kwake kuzo
za ze za bika kuHamani ukuba zi bone
uma izwi lika Mordekai li ngema ngoku-
ba wa e ba tyelile ukuti u ngumJuda.
5 Lapo uHamani wa bona ukuba uMo-
rdekai a ka guqanga, ka zitobi kuye wa
gewala ulaka.
6 Kwa deleleka emehlweni ake ukube-
ka isandhla kuMordekai yedwa; ngoku-
ba ba se be m tyelile isizwe sa kubo ka
Mordekai ngaloko uHamani wa funa
ukubulala abaJuda bonke aba be sembu-
sweni wonke ka Ahashurosi aba kubo
ka Mordekai:

7 Ngenyanga yokuqala uMisani ngonyaka weshumi nambili wenkosi uAhashurosi benza iPuri oku ukuti inkato ebusweni buka Hamani imihla ngemihla, izinyanga ngezinyanga kwa za kwa ba e yeshumi nambili e nguAdare.

8 uHamani wa ti enkosini uAhashurosi si kona isizwe esitile, esihlakazekile, esixubene nabantu emazweni onke ombuso wako: imiteto yabo ya hlukene neyabantu bonke, bona aba yi londi imiteto yenkosi, ngako a ku fanele inkosi ukuba i ba yeke.

9 Uma ku kuhle enkosini ma ku lotywe ukuba ba bujiswe mina ngi ya kukoka ezandhleni zabapati umsebenzi amatalenta a yizinkulungwane ezi ishumi esiliva ukuba ba wa lete esikwameni senkosi.

10 Inkosi ya kumula indandato yayo esandhleni sayo ya i nika uHamani indodana ka Hamadatha umAgagi, isita sabaJuda.

11 Inkosi ya ti kuHamani isiliva li e lako nabantu futi enza kubo njengokuba ku kuhle emehlweni ako.

12 Konake ababali benkosi ba bizwa ngenyanga yokuqala, ngosuku lweshumi nantatu lwayo, kwa balwa njengako konke a ku yalayo uHamani kubo abenkosi aba busayo nakuzo izinduna eza zi pezu kwamazwe onke na kuzo izikulu zabantu bonke bamazwe njengokubalwa kwawo, nakubo abantu bonke njengolimi lwabo: egameni lika Ahashurosi kwa balwa kwa cindezelwa ngendandato yenkosi.

13 Za ti izincwadi za tunywa ngesandhla sezigijimi emazweni enkosi onke ukucita, ukubulala, nokububisa, abaJuda bonke abatya kanye nabadala, abantwana nabafazi, ngosuku lunye, ngolweshumi nantatu lwenyanga yeshumi nambili e inyanga uAdare nokutata okupangwayo kwabo ku be impango yabo.

14 O kwa tyiwo, okubaliweyo, kwa ku umteto wokunikwa amazwe onke a za kunikwa kubantu bonke ukuba ba lungele lolosuku.

15 Izigijimi za puma, zi tyetyiswa izwi lenkosi: nomteto wa vela enqabeni eShushani. Inkosi noHamani ba hlala pansi ukupuza, kodwa umuzi iShushani wa dinga ukwenza njani.

## ISAHLUKO 4.

UMORDEKAI e sazi konke okwenzekileyo wa dabula izingubo zake wambata indwangu yokulila, kanye nomlota, wa pumela pakati komuzi, wa kala ngokukala okukulu okunosizi.

2 Wa ti weza napambi kwesango lenkosi: ngokuba namunye o nga ngena pakati kwesango lenkosi embete indwangu yokulila.

3 Emazweni onke lapa izwi lenkosi nomteto wayo kwa fika kona, kwa ba kona ukulila okukulu, pakati kwabaJuda, nokuzila ukudhla, nokukala nokutyaya isifuba nabaningi ba lala pansi bembete indwangu yokulila nomlota.

4 Izinduna zika Esetere nezincekukazi zake ze za za m tyela; konake inkosikazi ya dabuka kakulu: ya tumela kuMordekai ingubo ukumvatisa nokususa indwangu yokulila kuye, a ka yamkelanga.

5 uEsetere wa biza uHatake kuzo izinduna zenkosi o wa miswa ukukonza kuye wa m yala ngoMordekai ukuba azi ku intoni? nokuba ku ngani na?

6 uHatake wa pumela wa ya esitaladini somuzi esipambi kwesango lenkosi:

7 uMordekai wa m tyela konke o be kumehlele nemali uHamani a e tembisile uku yitela esikwameni senkosi ngabaJuda ukuba ba bujiswe.

8 Wa m nika futi incwadi yombalo womteto o wa vela eShushani ukubabubisa ukuba a yi bonise uEsetere nokumyala ukuze a ngene enkosini ukubatandazela nokucelela abantu ba kubo ebusweni bayo.

9 uHatake weza, wa m tyela uEsetere amazwi aka Mordekai.

10 uEsetere wa kuluma kuHatake wa yala ngoMordekai ngokuti,

11 Izinceku zonke zenkosi nabantu bonke bamazwe enkosi ba yazi, ukuba o ngenayo enkosini endhlini pakati, noma o indoda, noma o ngumfazi, e nga bizwanga iyo u kona umteto wayo munye ukumbulala: kupela lowo inkosi e mpakamisela intonga yegolide ukuba a pile kantike mina a ngi bizwanga ukuba ngi ngene enkosini nga lezinsuku ezi mashumi matatu.

12 Ba m tyela uMordekai amazwi aka Esetere.

13 uMordekai wa ti pendulani kuEsetere ni ti u nga cabangi enhliziyweni yako ukuti u ya kusinda u sendhlini yenkosi ku nabaJuda bonke.

14 Ngokuba uma u tula impela ngalesikati ku ya kuti ukukululwa nokusi-

nda kwabaJuda ku vele kwenye indawo, kanti wena, nendhlu ka yihlo ni ya ku bujiswa, ubani owaziyo ukuba a u fikile embusweni ngenxa yesikati esinje na?

15 uEsetere wa ba yala, ba pendule ba ti kuMordekai,

16 Hambani ni ye ni bute abaJuda bonke aba nga funyanwa eShushani ndawonye ni zile, ni nga dhli, ni nga puzi, izinsuku ezintatu, imini, nobusuku nami nezincekukazi zami si ya kuzila futi; ngakoke ngi ya kungena enkosini oku nge ngomteto, uma ngi buba, ngi ya kububa.

17 uMordekai wa hamba endhlini yake wenza njengako konke uEsetere a be m yale ngako.

## ISAHLUKO 5.

KWA ti ngosuku lwesitatu uEsetere wambata ingubo yobukosi wema ebaleni elipakati kwendhlu yenkosi eli bekene nendhlu yenkosi: Inkosi ya be i hlezi pezu kwesihlalo sobukosi esigodhlweni esi bekene nesango lendhlu.

2 Kwa ti lapo inkosi i bona uEsetere inkosikazi e mi ebaleni, wa zuza umusa emehlweni ayo: nenkosi ya m pakamisela uEsetere, intonga yegolide e ya i sesandhleni sayo.

3 Njalo uEsetere wa sondela wa namata isihloko sentonga. Inkosi ya ti kuye Ku ini kuwe nkosikazi Esetere na? Ukucela kwako ku ini na? U ya kunikwa nokuba ku inxenye yombuso.

4 uEsetere wa pendula wa ti, uma ku kuhle enkosini ma i ze inkosi noHamani namhlanje edilini e ngi li lungisele yona.

5 Ya ti inkosi tyetyisa uHamani ukuba enze njengezwi lika Esetere. Njalo inkosi noHamani beza edilini uEsetere a be li lungisile.

6 Ya kuluma inkosi kuEsetere edilini lewaini ya ti isicelo sako si ini na? U ya kusinikwa, okucelayo ku ini na? Ku ya kwenziwa noma ku inxenye yombuso.

7 Wa pendula uEsetere wa ti isicelo sami nomtandazo wami ku ukuti.

8 Uma ngi zuzile umusa emehlweni enkosi noma ku lungile enkosini uku ngi pa isicelo sami nokwenza njengokukuleka kwami ma i ze inkosi noHamani edilini e ngi ya ku li lungisela bona nami ngo kwenza ngomso njengokwenhliziyo yenkosi.

9 uHamani wa puma e hamba nga lolusuku ngokujabula na ngenhliziyo enhle; kodwa lapo wa m bona uMordekai e sesangweni lenkosi e nga suki e nga tutumeli ngaye kona uHamani wa gcwala ulaka ngenxa ka Mordekai.

10 Noko wa zikuza, ekufikeni kwake ekaya wa tumela, wa biza izihlobo zake noZereshi umkake.

11 uHamani wa ba tyela ngobukosi bokuceba kwake, nobuningi babantwana bake nako konke inkosi e bi m kulisile ngako; nokuba i m pakamisile pezu kwamakosana nezinduna zonke zenkosi.

12 uHamani wa ti, yebo, uEsetere inkosikazi a ka vumanga namunye umuntu a ngene kanye nenkosi edilini a be li lungisile; imina kupela; na ngomso mina ngi bizwe uye futi kanye nenkosi.

13 Noko, konke loku a ku lingani naluto kuso sonke isikati e ngi bone ngaso uMordekai e hlezi esangweni lenkosi.

14 uZereshi umkake, nabo aba izihlobo zake bonke ba ti kuye, ma kwenziwe umuti ubude bawo ku be izingalo ezi amashumi a isihlanu nawe u kulume enkosini ngomso ukuba uMordekai a panyekwe pezu kwawo wenake u ngene ngokujabula kanye nenkosi edilini. Lelozwi la ba lihle ebusweni buka Hamani, wa wenza umuti.

## ISAHLUKO 6.

NGALOBO busuku ubutongo benkosi be muka kuyo, ya ti ma i letwe incwadi yezikumbuzo zamazwi emihla; yona ya fundwa ebusweni benkosi.

2 Kwa funyanwa ku lotywe kona, ukuti uMordekai wa bika ngabo oBigtane noTereshe, izinduna ezimbili zenkosi: abalindi bomnyango; aba funa ukubeka isandhla enkosini uAhashurosi.

3 Ya ti inkosi ngenxa yaloku uMordekai wamkelisiwe udumo nobukulu buni na? Izinduna zenkosi eza zi konza kuyo za ti a kenzelwanga luto.

4 Ya ti inkosi ubani o kona ebaleni na? Kaloku uHamani wa e se ngenile ebaleni eli nga pandhle kwendhlu yenkosi ukucela enkosini ukuba ku panyekwe uMordekai emutini a be u lungisile yena.

5 Izincceku zenkosi za ti kuyo bheka uHamani u mi ebaleni. Ya ti inkosi ma ke a ngene.

6 uHamani wa ngena. Inkosi ya ti kuye ku ya kwenziwa ntoni ku lomntu inkosi e tanda ukumdumisa na?

Wa ti uHamani enhliziywenі yake mupi
umuntu inkosi e tanda ukudunyiswa
kwake ngapandhle kwami na?
7 uHamani wa ti enkosini umuntu
inkosi e tanda ukuba a dunyiswe,
8 Ma ba lete ingubo yobukosi; e vatwa
inkosi, nehashi inkosi e kwela kulo, ne-
sigqoko sobukosi esi bekwa pezu kwe-
nhloko yayo:
9 Ma ku nikwe lengubo, nalelihashi,
esandhleni somuntu o wezinduna ezi-
nkulu zenkosi ukuba ku vatiswe lowo
muntu inkosi e tanda ukudunyiswa
kwake, a ziswe, e kwele pezu kwehashi
endhleleni yomuzi, ma ba memeze
pambi kwake, ngokuti ma kwenziwe nje
kumuntu inkosi e tanda ukumdumisa.
10 Inkosi ya ti kuHamani tyetya u
tate ingubo nehashi njengokutyo kwako
wenze njalo kuMordekai umJuda o hlezi-
yo esangweni lenkosi: ma ku nga puti
nalinye izwi kuko konke o ku tyiloyo.
11 uHamani wa yi tabata ingubo ne-
hashi wa m vatisa uMordekai wa m kwe-
lisa ehashini esitaladini esibanzi somuzi,
kwa menyezwa nga pambi kwake ukuti,
Ku ya kwenziwa njalo kumuntu inkosi
e tanda ukudunyiswa kwake.
12 uMordekai wa buya weza esangweni
lenkosi; uHamani wa tyetya wa ya
endhlini e dabukile e mboze ikanda lake.
13 uHamani wa tyela uZereshi umka-
ke nezihlobo zonke konke o kwa kume-
hlele. Abahlakanipileyo bake, nomka-
ke ba ti kuye, uma uMordekai u ngo we-
nzalo yabaJuda nga pambi kwake u su
qale ukuwa, a ku sa yi ku ma, u ya ku-
wa pambi kwake impela.
14 Be sa kuluma naye, kweza izinduna
zenkosi za tyetyisa uHamani eze edilini
uEsetere a be li lungisile.

## ISAHLUKO 7.

NGAKO, inkosi noHamani beza edilini
noEsetere inkosikazi.
2 Ya buya inkosi ya ti ngomhla wesi-
bili be sedilini lewaini, ukucela kwako
nkosikazi Esetere ku ini na? Ku ya ku-
kunikwa wena; nokukuleka kwako ku
ini na? ku ya kwenzeka nokuba inxe-
nye yombuso.
3 uEsetere inkosikazi ya pendula ya
ti uma ngi zuzile umusa emehlweni ako
nkosi uma kulungile enkosini ma ngi
piwe ukupila kwami ngokukuleka kwa-
mi nabantu bakiti ngokucela kwami.
4 Ngokuba si tengisiwe mina, nabantu
ba kiti ukuba si citwe, si bulawe, si bu-
jiswe. Uma sa be si tengisiwe si be aba-
ntu ababotyiweyo nabafazi ababotyiwe-
yo nga ngi tulile nga ti du noma o isita
setu e nge linganise okoniwayo kwe-
nkosi.
5 Konake inkosi ya pendula, ya ti ku-
Esetere inkosikazi, ubani yena? u pina?
o nesibindi enhliziywenі yake sokwenza
loku na?
6 Wa ti uEsetere o pambana nati no
isita setu uye lo uHamani omubi. Ko-
na uHamani wesaba ngapambi kwenko-
si nenkosikazi.
7 Inkosi yesuka edilini lewaini olake-
ni lwayo ya ya ensimini yesigodhlo:
uHamani wesuka uku zicelela ukupila
kwake kuEsetere inkosikazi: ngokuba
wa e se bonile ukuti ububi se bu nqu-
nyiwe inkosi ngaye.
8 Ya buya inkosi i vela ensimini ye-
sigodhlo ye za endaweni yokupuza iwai-
ni, wa e se wele uHamani pezu kombe-
de uEsetere o wa e hlezi kuwo. Ya ti
inkosi, u ya kuyona nenkosikazi e na-
mi endhlini na? Li sa puma izwi emlo-
nyeni wenkosi ba mboza ubuso buka
Hamani.
9 uHabona omunye wezinduna wa ti
ebusweni benkosi bheka umuti ubude
bawo pezulu izingalo ezi amashumi a
yisihlanu uHamani o wa e wenzele uMo-
rdekai o wa e kulumela inkosi okulungi-
leyo, u su mi endhlini ka Hamani:
Inkosi ya ti, M panyeke pezu kwawo.
10 Ba m panyekake uHamani emutini
o wa e wenzele uMordekai. Ulaka lwe-
nkosi lwa bohla.

## ISAHLUKO 8.

NGA lolo suku uAhashurosi inkosi wa
nikela indhlu ka Hamani isita saba-
Juda kuEsetere inkosikazi. uMordekai
weza ebusweni benkosi ngokuba uEse-
tere wa e se tyilo ukuba u yini naye.
2 Inkosi ya kumula indandato e be i
susile kuHamani ya i nika uMordekai;
noEsetere wa m misa uMordekai pezu
kwendhlu ka Hamani.
3 uEsetere wa buya, wa kuluma futi
ebusweni benkosi, wa wa pansi ezinya-
weni zayo, wa kala, wa incenga, ukuba i
suse ububi buka Hamani umAgagi nece-
bo lake a be e li cebile ngabaJuda.
4 Inkosi ya m pakamisela uEsetere
intonga yegolide. Njalo uEsetere wa-
suka we ma ngapambi kwenkosi.
5 Wa ti uma ku be kuhle enkosini
uma ngi zuzile umusa pambi kwayo, ne-

lizwi li lungile ebusweni bayo nami ngi
muhle emehlweni ayo, ma ku balwe
ukuba zi buyiselwe izincwadi e za qa-
njwa uHamani indodana ka Hamedatha
umAgagi a zi bala ukuba ku bujiswe aba-
Juda aba kona emazweni onke enkosi :
6 Ngokuba ngi nga ba namandhla ka-
njani ukubona ububi obu ya kwehlela
pezu kwabantu ba kiti na? ngi nga ba
namandhla ukubheka ukubujiswa kwa
bakiti na?
7 Wa ti uAhashurosi inkosi kuye
uEsetere inkosikazi na kuye uMordekai
umJuda, Bheka ngi nikile uEsetere
indhlu ka Hamani ba m panyeka yena
emutini ngokuba wa solula isandhla ku-
baJuda.
8 Balelani abaJuda nina njengokuhle
emehlweni enu egameni lenkosi ni ku
cindezele ngendandato yenkosi: ngokuba
loku okwa balwa egameni lenkosi kwa
cindezelwa ngendandato yenkosi akuko
noyedwa o nga kweqayo.
9 Konake abalobi benkosi ba bizwa
nga lesosikati ngenyanga yesitatu inya-
nga e tiwa uSivani ngosuku lwamashu-
mi amabili nantatu lwayo kwa balwa
njengako konke uMordekai a ku yalayo
kubaJuda nakubabusi nezinduna naba-
pati bamazwe a be kona, ku suke eIndia
ku ze ku fike eKushi amazwe a ikulu
namashumi amabili nesikombisa kuwo
onke, amazwe ngamazwe, njengokuba-
lwa kwawo, nakubo bonke abantu nje-
ngokukuluma kwabo, nakubaJuda nje-
ngolimi lwa kubo njengokubala kwabo.
10 Wa bala egameni lenkosi uAhashu-
rosi wa ku cindezela ngendandato yenko-
si, wa zi tuma izincwadi ngesandhla sezi-
gijimi ezi kwele emahashini nabakweli
bezimbongolo namakamelo nezinjomane.
11 Zokuba inkosi ya nika abaJuda aba
semizini yonke, imizi ngemizi, ukubu-
tanela ndawonye, nokumela ukupila
kwabo ukubulala, ukutyaya, nokububisa
onke amandhla abantu nelizwe eli ba
vukelayo, abancinyane kanye nabafazi,
nokudhla impango yabo.
12 Ngosuku lunye emazweni onke
enkosi uAhashurosi ngosuku lweshumi
nantatu lwenyanga yeshumi nambili e
inyanga uAdare.
13 Ukutyo kwencwadi yomteto o mi-
swayo emazweni onke, amazwe ngama-
zwe, wa menyezelwa kubo bonke aba-
ntu, nakubaJuda a ba be lungele lolu
suku ukuzipindisela eziteni zabo.
14 Izigijimi eza kwela pezu kwezimbo-
ngolo na pezu kwamakamelo za puma,
zi tyetyiswa, zi qutywa izwi lenkosi.
Umteto wa puma eShushani enqabeni.
15 uMordekai wa puma ebusweni be-
nkosi embete ingubo yobukosi, eluhlaza,
nemhlope nesigqoko esikulu segolide, ne-
ngubo yelineni elibomvu : Inqaba iShu-
shani ya jabula, yenama.
16 AbaJuda ba be nokukanya nokuja-
bula nokwenama nodumo.
17 Nasemazweni onke, nasemizini yo-
nke lapo izwi lenkosi nomteto wayo
kwa fika kona, kwa ba kona kubaJuda,
ukujabula, nokwenama, nedili, nosuku
oluhle. Nabaningi babantu belizwe ba
zenza abaJuda, ngokuba, be kwelwe
ukwesaba kwabaJuda.

## ISAHLUKO 9.

NGENYANGA yeshumi nambili e ngu-
Adare ngosuku lweshumi nantatu
lwayo kwa sondela o kwenziwa lapo
kwezwi lenkosi, nomteto ngosuku izita
zabaJuda e za temba ukuba zi be nama-
ndhla pezu kwabo, noko kwa pendulwa
kwa ti abaJuda ba ba namandhla pezu
kwabo aba ba ondayo:
2 AbaJuda ba butanela emizini yo-
nke yamazwe onke enkosi uAhashu-
rosi, ukusolula isandhla kubo abafuna
ukubonakalisa kwa ku ngeko umuntu
o namandhla ukuma pambi kwabo
ngokuba ukubesaba kwehlela abantu
bonke.
3 Nabo bonke ababusi bamazwe, na-
makosi awo, nezinduna nezikulu izisebe-
nzi zenkosi za siza abaJuda ngokuba
ukwesaba uMordekai kwa behlela.
4 Ngokuba uMordekai wa be mkulu
endhlini yenkosi, nodumo lwake lwa
hamba emazweni onke; ngokuba lo-
muntu uMordekai wanda, wa kula njalo.
5 AbaJuda ba tyaya zonke izita zabo
ngokutyaya kwenkemba nangokubulala
nokububisa benza njengokutanda kwa-
bo kwa ba zondana nabo.
6 Enqabeni eShushani, abaJuda ba
bulala, ba bubisa abantu aba makulu a
isihlanu.
7 uPashandata, noDalfoni, noAspata,
8 uPorata, noAdalia, noAridata,
9 uPamashta, noArisai, noAridai, no-
Vajezata,
10 Amadodana a yishumi a ka Hama-
ni indodana ka Hamedatha, isita saba-
Juda ba wa bulala kodwa aba bekanga
isandhla empangweni.
11 Ngalolu 'suku kwa ziswa pambi

kwenkosi umumo wabo aba be bulewe
eShushani komkulu.
12 Inkosi ya ti kuye uEsetere inkosi-
kazi, AbaJuda ba bulele ba bubisa eShu-
shani komkulu amadoda amakulu a isi-
hlanu kanye namadodana a ishumi a ka
Hamani; benze ntoni kwamanye ama-
zwe enkosi na? Ukukuleka kwabo ku
ini na? Ku ya kuvunyelwa: ukucela
kwako kuni? ku ya kwenzeka.
13 uEsetere wa ti uma ku kuhle enko-
sini ma ku vunyelwe abaJuda aba kona
eShushani benze ngomso futi njenga-
wo umteto wa namhla namadodana
a ishumi aka Hamani a ka panyekwe
emtini.
14 Inkosi ya ti, ma kwenziwe: nomteto
wa vela eShushani; ba panyeka amado-
dana ka Hamani a ishumi.
15 NabaJuda aba kona eShushani ba
butana ngosuku lweshumi nane lwenya-
nga uAdare ba tyaya amadoda amakulu
matatu eShushani kodwa a ba beka isa-
ndhla empangweni.
16 Abanye abaJuda aba be semazweni
enkosi ba butana ndawonye ba mela
ukupila kwabo ba pumula eziteni zabo,
ba zi bulala izita ezi izinkulungwane
ezi mashumi a yisikombisa nesihlanu,
kodwa empangweni a ba bekanga iza-
ndhla.
17 Ngosuku lweshumi nantatu lwe-
nyanga uAdare na ngosuku lweshumi
nane lwayo ba pumula ba lwenza lu be
usuku lokudhla nolokujabula.
18 NabaJuda aba be seShushani ba bu-
tana ngolweshumi nantatu na ngolwe-
shumi nane lwayo: ngolweshumi nesi-
hlanu ba pumula ba lwenza lu be usuku
lokudhla nokujabula.
19 Ngako abaJuda aba be semizaneni
aba be hlezi emizini e nge nazo izindo-
nga zamatye ba lwenza usuku lweshumi
nane lwenyanga uAdare lwa ba usuku
lokujabula, nolokudhla, nosuku oluhle,
nolokutumelana izabelo.
20 uMordekai wa zi bala lezi zinto, wa
tuma izincwadi kubaJuda bonke aba se-
mazweni onke enkosi uAhashurosi aba
seduze naba kude.
21 Ukukumisa loko kubo, ukuba ba lu
gcine olweshumi nane lwenyanga uAda-
re nolweshumi nesihlanu lwayo, imi-
nyaka ngeminyaka.
22 Njengemisuku abaJuda a ba pumula
ngayo eziteni zabo nenyanga e ya guqu-
lwa kubo ekudabukeni ya ba ukutokoza
na sekulileni lwa ba usuku olumnandi,
ukuba ba zenza zi be izinsuku zokudhla,
nokujabula, nezokutumelana izabelo, ne-
zipo kwabampofu.
23 AbaJuda ba vuma ukwenza njengo-
kuba ba se be qalile, nanjengako uMorde-
kai a e ku balele bona.
24 Ngokuba uHamani indodana ka Ha-
medetha, umAgagi isita sabo bonke aba-
Juda e be cebile ngabaJuda ukubabu-
bisa e benzile iPuri oku inkato ukuba-
qeda, nokubabubisa:
25 Kepa qede uEsetere eze pambi kwe-
nkosi wa yala ngezincwadi ukuba icebo
lake a e li cebile ngabaJuda li buyi-
selwe pezu kwekanda lake nokuba ye-
na namadodana ake ba panyekwe emu-
tini.
26 Ngako ba biza lezozinsuku ukuti
iPurime njengegama iPuri: Ngenxa ya-
wo onke amazwi a lencwadi nangenxa
yaloko aba be ku bonile ku lendaba na-
loko o kwa ku behlele.
27 AbaJuda ba misa, bamkela nenzalo
yabo nabo bonke aba zihlanganisa kubo
ukuba ku nga puti kodwa ba zi gcine
lezi zinsuku ezimbili ngengokubalwa
kwazo nanjengesikati esimisiweyo sazo,
iminyaka yonke.
28 Na lezo zinsuku zi ya kukunjulwa
zi gciniwe izizukulwane zonke, imindeni
yonke, emazweni onke, nemizi yonke,
nokuba lezo zinsuku zePurime zi nga
puti pakati kwabaJuda nokukunjulwa
kwazo ku nga peli enzalweni yabo.
29 uEsetere, inkosikazi intombi ka
Abihaili noMordekai umJuda ba bala
ngamandhla onke ukuqinisa lencwadi
yesibili yePurime.
30 Naye wa tuma izincwadi kubaJuda
bonke emazweni a ikulu namashumi
amabili nesikombisa ombuso ka Aha-
shurosi kanye namazwi okutula neqini-
so futi.
31 Ukuba ku qiniswe lezozinsuku ze-
Purime ezikatini zazo, njengokuba uMo-
rdekai umJuda, noEsetere inkosikazi, ba
be zimisile nanjengokuba ba be zimisele
bona nenzalo ya kubo ezi izindaba zoku-
kala nokuzila.
32 Izwi lika Esetere la qinisa lezi zi-
ndaba zePurime; kwa lotywa nasencwa-
dini.

## ISAHLUKO 10.

INKOSI uAhashurosi wa telisa izwe
neziqingi zolwandhle.
2 Imisebenzi yonke yamandhla ake,
nobukosi bake, nokubatyazwa kobukulu
buka Mordekai, inkosi e ya m kulisa nga-

bo, a i balwe enewadini yamazwi amakosi a seMadai neParasi na?

3 Ngokuba uMordekai umJuda wa e owesibili enkosini uAhashurosi, e mkulu kubaJuda, e tokozwa abaningi kubazalwane bake, e funa ingcebo yabantu ba kubo, e kuluma ukutula kuyo yonke inzalo yakubo.

# UJOBE.

## ISAHLUKO 1.

KWA ku kona umuntu ezweni la seUze, o gama lake la li nguJobe; lomuntu wa e lungile, wa e kolekile, e mesaba uTixo e zonda okubi.

2 Wa zala amadodana a isikombisa namadodakazi amatatu.

3 Imfuyo yake ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi isikombisa, namakamelo a izinkulungwane ezintatu, izinkabi ezi inkulungwane, nezimbongolo zezinsikazi ezi ngamakulu a isihlanu, kanye nezinceku eziningi; njaloke lomuntu wa e mkulu ku nabo bonke aba sempumalanga.

4 Amadodana ake enza ukudhla ezindhlini zawo, ku i leyo ngosuku lwayo; a tuma e mema odade wabo bobatatu beza ba dhle ba puze nawo.

5 Kwa ti, lapo se zi dhlulile izinsuku zokudhla kwawo, uJobe wa tuma wa wa hlambulula, wesuka ekuseni, wa nikela iminikelo yokutya njengobuningi bawo onke: ngoba uJobe wa ti, Ku nga be amadodana ami onile, a m delele uTixo ezinhliziyweni zawo, uJobe wenze njalo imihla yonke.

6 Kwa ti ngosuku olutile amadodana ka Tixo eza ukumkonza uJehova, naye uSatani weza nawo.

7 uJehova wa ti kuSatani, wena u vela ngapi na? uSatani wa m pendula uJehova, wa ti, ngi vela ukudabula emhlabeni, nokuhambahamba kuwo.

8 uJehova wa ti kuSatani, Imbala inhliziyo yako i si m qondile uJobe inceku yami, ukuti ka ko o fana naye emhlabeni, umuntu olungileyo okolekayo, umuntu o m hlonipayo uTixo, o xwaya okubi.

9 Wa pendula uSatani kuJehova wa ti, Ehe, uJobe u ya mesaba uTixo ngeze na?

10 Ka u m biyele ngotango na, yena nendhlu yake nako konke a nako inxa zonke? u bhekile imisebenzi yezandhla zake, imfuyo yake i si yandile ezweni.

11 Kaloku a ke wolule isandhla sako kodwa, u pate konke a nako, ku kona e za kukutuka ebusweni bako.

12 uJehova wa ti kuSatani, Bheka, konke a nako ku semandhleni ako ukwenza okwentando yako; kupela kuyena ngoqobo lwake u nga beki isandhla sako. Njaloke uSatani wesuka ebusweni buka Jehova.

13 Ngosuku olutile amadodana ake kanye namadodakazi ake a be e hlezi e dhla e puza iwaini endhlini yomfo wabo omkulu:

14 Seza isigijimi kuJobe, sa ti, Izinkabi e be zi lima, izimbongolo zi dhla nga secaleni lazo:

15 Aba seSheba beza ba zi panga, futi ba bulele izinceku zako ngobukali benkemba: imina ngedwa e ngi sindileyo ngi ze ukukubikela.

16 E sa kuluma lawo, kwa fika omunye wa ti, Umlilo ka Tixo wehlile ezulwini, u tyise izimvu zako nezinceku zako, wa zi qeda nya; Imina ngedwa engi sindileyo ngi ze ukukubikela.

17 E sa kuluma, weza omunye, wa ti, AmaKaldi eza ngezigaba ezitatu, a bamba amakamelo, a wa panga, yebo, a bulele izinceku zako ngobukali benkemba; imina ngedwa e ngi sindileyo nge za ukukubikela.

18 E sa kuluma lowo, kwa fika omunye futi, wa ti, Amadodana ako namadodakazi ako a be hlezi e dhla e puza iwaini endhlini yomfo wabo omkulu.

19 Bheka, kwa pepeta isipepo esikulu si vela nga pesheya kwehlane, sa tyaya ezinqutyini zozine zendhlu, ya wa pezu kwezinsizwa, za fa: imina ngedwa engi sindileyo ngi ze ukukubikela.

20 uJobe wesuka, wa hxebula ingubo yake, wa pucula ikanda, wa ti mbo ngobuso emhlabatini, wa nxusa,

21 Wa ti, Nga puma ngi ze esiswini si ka mame, ngo pindela kona ngi ze: uJehova wa pa, uJehova u tatile; ma li bongwe igama lika Jehova.

22 Ngako konke loko uJobe a konanga, a ka kulumanga okubi ngoTixo.

## ISAHLUKO 2.

KWA ti futi ngosuku olutile amadodana ka Tixo eza ukumkonza uJehova, uSatani weza naye ukumkonza uJehova kanye nawo.

2 uJehova wa ti kuSatani, u vela ngapi na? uSatani wa m pendula uJehova, wa ti, Ngi vela kudabula umhlaba, nokuhambahamba kuwo.

3 Wa ti uJehova kuSatani, Imbala inhliziyo yako i si m qondile uJobe inceku yami, ukuti ka ko emhlabeni o fana naye, umuntu olungileyo okolekileyo, o m hlonipayo uTixo, o xwaya okubi, na manje u sa qina ekulungeni kwake, nokuba wena wa ngi vusa ngi m cite e nge nacala.

4 uSatani wa pendula kuJehova, wa ti, Isikumba ngesikumba, yebo, umuntu wo nika konke a nako ngokupila kwake.

5 A ke welule isandhla sako, u pate itambo lake nenyama yake, u ya kukutuka ebusweni bako.

6 uJehova wa ti kuSatani, Bheka u se sandhleni sako: wo m linda a nga fi kodwa.

7 Njaloke wa suka uSatani ebusweni buka Jehova, wa m tela uJobe ngamatumba amabi kwa ti pihli kwa qala pakati kwezinyawo zake kwa za kwa ti ngci pezulu.

8 Wa tata iqobolondo ukuzonwaya, wa hlala emloteni.

9 Njaloke umkake wa ti kuye, U sa qina yini ekulungeni kwako na? m delele uTixo, u fe.

10 Wa ti kuye, U kulumisa okomfazi o isiula. Si zo piwa ngesandhla sika Tixo okuhle, ku be kupela, si nga piwa nokubi futi na? Ngako konke loko uJobe a konanga ngomlomo wake.

11 Abantu abatatu abangane baka Jobe lapo se be zwile ngezinhlupo zonke e za be zi mehlele, beza bonke be vela kubo; uElifazi umTemani, uBildade umShuhi, uZofari umNama:

12 Lapo ba bheka be kude be nga m bonisisi, ba kala izinyembezi; ba hxebula kwa ilowo ingubo yake, ba tela umhlabati emakanda abo pezulu.

13 Ba hlala emhlabatini naye izinsuku ezi isikombisa nobusuku obu isikombisa, ba tula bonke ba ti du: ba bona ukuti u hlupekile impela.

## ISAHLUKO 3.

NGASEMVA kwaloko uJobe wa namulala, wa qalekisa usuku lwake.

2 uJobe wa kuluma, wa ti,

3 Sengati nga ku nga za nge lu be kona usuku e nga zalwa ku lona, nobusuku okwa tiwa ngabo, Ku kona o kulelwe umtwana wesilisa,

4 Sengati lolo suku lu nga ba mnyama; uTixo ma ka nga lu beki e pezulu, ukukanya ma ku nga veli kulona.

5 Ubumnyama netunzi lokufa ma li lu buyise; ifu ma li hlale kulona; ubumnyama bosuku ma bu lwetuse.

6 Ubumnyama, ma bu sibekele lobo busuku; ma lu nga balwa ezinsukwini zomnyaka; ma lu nga balwa ezinyangeni.

7 Eh, lobo busuku ma bu be ize; ma ku ngezwakali izwi lokujabula kubona.

8 Ma ba bu tuke abatukayo ilanga, aba lungele ukuvusa isilwane.

9 Izinkanyezi zokuswelela kwabo, ma zi sitwe; ma bu fise ukukanya, ba nga ku fumani; ma bu nga boni uvivi.

10 Ngoba bu nga valanga isisu sika ma, bu nga fihlanga ukuhlupeka emehlweni ami.

11 Ku ngani a ngi fanga esiswini? Ku ngani a ngi bubanga ekupumeni kwami esiswini?

12 Ku ngani nga singatwa kahle? namabele a ngi ncelisile?

13 Ngoba kaloku nga ngi lele ngi tulile ngi te du, nga ngi lele ubutongo: kona nga ngi pumula,

14 Ndawonye namakosi nompakati omhlaba, aba zakelayo izindawo e se za citeka;

15 Nokuba ku ndawonye namakunzana a negolide, a gcwalisayo izindhlu zawo ngesiliva:

16 Sengati nga ngi ngeko njengesisu esipunziweyo; ngi njengezingane ezi nga bonanga zi ku bone ukukanya.

17 Lapo aba shingayo ba peza ukuhlupa kwabo; lapo abadiniweyo ba ya pumula.

18 Lapo ababotyiweyo ba ya pumula ndawonye; ka bezwa izwi labakatazayo.

19 Abancane nabakulu ba kona; isigqili si kululekile enkosini yaso.

20 Ohlupekayo u piwelani ukukanya na, naba nezinhliziyo ezi nomunyu zi piwelani ukupila;

21 Abafisayo ukufa, ka ku zi kodwa;

ba ku funisisa ku nemfuyo e tukusi-
weyo;
22 Abajabula kangakanani, ba tokoza,
nxa be fika elibeni?
23 Ku ngani ukuba ku piwa ukukanya
kumuntu o ndhlela yake i medukela;
uTixo a m biyeleyo?
24 Ngi nepika ngi nga ka dhli, uku-
mbongoza kwami ku njengoku pupuma
kwamanzi.
25 Ngoba loko e nga kwesaba ku nge-
hlela, loko e nga ku xwaya ku fikile
kimi.
26 Be ngi sengozini, be ngi nga pu-
mile, be ngi nga tuli; noko za fika
izinhlupo.

## ISAHLUKO 4.

UELIFAZI umTemani wa pendula,
wa ti,
2 Uma nxa si linga ukukulumisana
nawe, wo sola na? Kodwa ubani o nga
tula e nga kulumi na?
3 Bhekake, u ba yalile abaningi we-
na, u zi qinisile izandhla ezi butaka-
taka.
4 Amazwi ako a m qinisile yena o be
za ku wa, u sizile namadolo a tutume-
layo.
5 Kepa manjeke se ku fikile kuwena
u ya qaleka; ku ya ku tinta, u ya tu-
tumela.
6 Loku a siko ukuhlonipa kwako, no-
kukolwa kwako, nokwetemba kwako,
nokulunga kokuhamba kwako?
7 Kumbula, u bone ubani o ke wa cite-
ka, e nge nacala? Abalungileyo ba nqu-
nwapi na?
8 Njengokuba se ngi bonile ukuti laba
abalimayo okubi, ba hlwanyela ukona,
ba vuna kona.
9 Ngokupepeta kuka Tixo ba ya citeka
ngomoya wamakala ake ba ya pela nya.
10 Ukukonya kwebubesi, nezwi lebu-
besi elihahayo, namazinyo amaundhlu
ezingonyama, a pukile.
11 Ibubesi elidala li ya fa ngokuswela
izilwane ezi pangwayo, amaundhlu ebu-
besi ellkulu a te ci.
12 Indaba ya letwa kimi, ngasesita,
indhlebe yami yezwa inxenye yayo.
13 Ekupupeni ebusuku, abantu se be
lele ubutongo,
14 Ngehlelwa ukwesaba, nga tutumela,
a qaqazela amatambo onke ami.
15 Kwa dhlula isituta ebusweni bami;
kwa sinazeka uboya bomzimba wami:
16 Sema, kodwa kwa nga hlula ukuqo-
nda isimo saso: Isitunzi sa si sebusweni
bami, kwa be ku tuliwe nje, ngezwa izwi
li ti,
17 Umuntu u ya kumahlula uTixo eku-
lungeni na? umuntu u ya kuba ngcwele
ku noMenzi wake na?
18 Bheka yena ka zetembi izinceku
zake; nezingelosi zake u ti zi iziula:
19 Kakulu ka betembi abahleziyo ezi-
ndhlini zebumba; ezi sekelwe umhlaba-
ti, ezi hlifizeka njengokuba zi dhliwe
izinyundu?
20 Ba kandwa kusasa ku ze ku be ku-
sihlwa; ba ya pela ku ze ku be pakade
ku nga nakwa muntu.
21 Izintambo ezi kubona a zi suswa
na? yini ba ya fa be nge nangqondo.

## ISAHLUKO 5.

AKU memeze, u kona yini o ya kuku-
pendula; u ya kubeka ku mupi o
lungileyo kwa ba hlanzekileyo na?
2 Ngokuba ulaka lu ya m bulala umu-
ntu o isiula, umona u ya bulala yena o
isipukupuku.
3 Ngi m bonile yena o isiula e gxilile:
kepa masinya nga bona ku citeka umuzi
wake.
4 Abantwana bake be kude nokubusa,
ba fidhlizeka esangweni, ka muko o ba
pepisayo.
5 Oku vunwa ibo ku dhliwa abalambi-
leyo, ba ku kipa na semeveni, umpangi
u ya dhla konke a ba nako.
6 Nokuba ukuhlupeka ku nga veli otu-
lini, nokudabuka ku nga pumi pansi
emhlabatini;
7 Kepa umuntu u zalwa a be no-
kuhlupeka, njengokuba izinhlanzi zi ya
qatya.
8 Kodwa nga ngi m konza uTixo, na
kuye uTixo nga ngi bekela icala lami.
9 Yena o zenzayo izinto ezinkulu ezi
nge nakufunyaniswa; izimangaliso ezi
nge nakubalwa:
10 Yena onisayo imvula emhlabeni,
otumayo amanzi emazweni:
11 Ukupakamisa labo aba tobileyo; ba
pakanyiswe aba dabukileyo, ba buse.
12 A ya jabisa amacebo abo aba ngama-
qili, izandhla zabo zi nga bi nako uku-
feza umsebenzi.
13 Aba ngamaqili u ya ba cupa ngobu-
qili babo: icebo labakohlisayo li ya cite-
ka nje.
14 Ba ya ngena ebumnyameni emini, ba
putaputaze emini njenga sebusuku.
15 Kepa u ya ba sindisa abampofu

enkembeni, na semlonyeni wabo, na
sesandhleni sesiqwaga.
16 Njalo abampofu ba nokwetemba,
inkohliso i vimbe umlomo wayo.
17 U busisiwe lomuntu uTixo a m lu-
ngisayo: ngako u nga deli ukuhlupa
oku vela kuSomandhla:
18 Ngokuba yena u ya fihliza, a buye
a bope: u ya kupaza, izandhla zake zi
ya polisa amanxeba.
19 Yena wo ku sindisa ezinhlupe-
kweni ezi isitupa: yebo, na sezinhlu-
pekweni ezi isikombisa a u yi kulima-
la ngoto.
20 Nxa ku kona indhlala u ya ku ku
siza u nga fi, na sempini ukuba u nga
bulawa inkemba.
21 Nxa ku tyaya ulwimi u ya kucatya
lu nga ku hlupi: futi u ngesabi ukufa
lapo ku fikayo.
22 U ya kuhleka lapo u bona ukucite-
ka nendhlala: u ngesabi izilwane ezi
semhlabeni.
23 Ngoba a u yi ku quzuleka ema-
tyeni a sendhle: nezilwane za sendhle
zo hlalisana kahle nawe.
24 U ya kwazi ukuba indhlu yako i
hlezi i tulile; u ya kubala imihlambi
yako, u fumanise i pelele.
25 Futi wo kwazi ukuba inzalo yako i
ya kuba ningi, abantwana bako ba be
ngangotyani ba semhlabeni.
26 U ya kufika etuneni u su gugile,
njengokuba iqinqa lamabele li vunwa
ngesikati salo.
27 Beka loku, se si ku hlolile; ku nja-
loke impela; a ku zwe wena.

## ISAHLUKO 6.

WA pendula uJobe wa ti,
2 Sengati ukuhlupeka kwami kwa
be ku linganisiwe, nokudabuka kwami
ku bekwe esilinganisweni kanye!
3 Ngokuba be ku za kuba nzima ku
nesihlabati sa selwandhle: ngako nga
kuluma ngokungaqondi.
4 Ngoba imicibityelo ka Somandhla i
kimi, ubuhlungu bayo bu ya qeda umo-
ya wami; itwetwe lokwesaba uTixo li
ya ngi hlelekela.
5 Imbongolo i ya kala yini lapo i se-
hlungwini? inkabi i ya donda yini eku-
dhleni kwayo?
6 Imbala okuduma ku nga dhliwa ku
nge naye usaoti na? Ku kona okuzwa-
kalayo emlonyeni ku ko okumhlope
kweqanda na?
7 Izinto umpefumlo o kade wala uku
zi pata, se zi ukudhla kwami okunenge-
kayo.
8 Sengati ngi nga zuza loku e nga ku
celayo; sengati uTixo a nga ngi pa
loku e ngi ku kulekayo!
9 Ukuti a nga vuma uTixo ukungifi-
hliza: elule isandhla sake, a ngi nqume!
10 Loku ku ukutokoza kwami; yebo
ngi ya kujabula na sebuhlungwini obu-
haukelayo; loku a ngi fihlanga amazwi
ake yena o ingewele.
11 Amandhla ami a ngakanani na,
ukuba ngetembe wona? ukupila kwa-
mi ku yini, ukuba ngandise iminyaka
yami?
12 Amandhla ami amandhla amatye
yini? inyama yami i yi tusi yini na?
13 Maye akuko ukusiza, ukusindisa
ku suswa kimi na?
14 Ku fanele yena ohlupekayo a hau-
kelwe umhlobo wake; kodwa u ya dela
ukumesaba uSomandhla.
15 Abafo wetu ba ngi patile ngamace-
bo njengomfula, na njengemifula ba ya
dhlula;
16 Emnyama njengeqeqeba lika ngqo-
qwane, neqwa li sitwa iyo.
17 Lapo ku fudumele, i ya ncibilika;
lapo li balele, i ya tya nya.
18 Abahambayo ezindhleleni zayo, ba
ya pambuka; ba kupuka ba ye ehlane
ba fe.
19 Amabuto a kwa Tema a kangela,
izigaba za kwa Sheba za yi hlulula.
20 Ba te kexe ngoba be betemba; be za
lapo ba dana.
21 Ngoba kaloku ni ize nje; ni bona
ukujaba kwami, ni yesaba.
22 Nga tyo yini, ukuti, ngi ziseleni,
ngi nikeni imfuyo na?
23 Po, nga tyo yini, ngi kululeni esa-
ndhleni sabo aba nolaka?
24 Ngi fundiseni, kona ngo tula mina:
ngi qondiseni ngi bone lapo ngone kona.
25 Yeka amazwi a lungileyo a na-
mandhla! kepa ukupikisana kwenu ku
sizani?
26 Ni yetemba yini ukukuza amazwi?
ku umoya ukukuluma komuntu o niki-
leyo.
27 Yebo, ni yahlula inkedama, ni mbe-
la umhlobo wenu umgodi.
28 Ngako a ke ni vume ni ngi bheke;
ngoba uma ngi namanga ku sobala nje.
29 A ke ni guquke, ni cinge ngi ni
nxusa ku nga biko ukona; yebo, guqu-
kani, ku kona ukulunga kwami kuleyo-
ndaba.

30 Ku kona ukona emlonyeni wami
na? Amahxihxiwane ami ka wezwa
yini okubabayo?

## ISAHLUKO 7.

KA kuko yini ukulwa kubantu emhla-
beni na? imihla yabo a i njengemi-
hla yomuntu okokelwayo na?
2 Njengokuba isisebenzi si ya nxanela
kakulu itunzi, na njengokuba yena oko-
kelwayo u bheka inzuzo yomsebenzi
wake;
3 Kanjalo mina ngi piwa izinyanga
zosizi, nga belwa ubusuku bokuhlupeka.
4 Lapo ngi lala pansi, ngi ti, Ngi ya
kuvuka nini, ku pela ubusuku? ngi hlu-
tywa ngoku binyabinyeka ku ze ku se.
5 Inyama yami i gcwele izimpetu ne-
zigaxana zotuli; isikumba sami si pola,
si tela ubovu.
6 Imihla yami i pangisa i tyetya ku
nesaluko, i ya dhlula i nge nakwetemba
luto.
7 Kumbula ukuba ukupila kwami ku
umoya nje: iso lami a li sa yi ku buya li
bone okuhle.
8 Iso lake yena o kade e ngi bona, a li
sa yi ku ngi bona: amehlo ako a ya ku
ngi bheka, ngi nga seko.
9 Ifu li ya pela li nyamalale; njaloke
yena o tyonayo etuneni ka sa yi kwe-
nyuka.
10 Ka sa yi kubuyela kwake endhlini,
indawo yake a i sa yi kumazi.
11 Ngako a ngi yi kutula; ngi ya
kukuluma lapo ku hlupeka umoya wa-
mi: ngi ya kusola lapo ngi nomunyu.
12 Mina ngi ulwandhle yini, ngi
umkomo yini, loku u ngi bekela aba-
lindi?
13 Lapo ngi ti, umbede wami wo ngi
duduza, nokuko lwami lo siza inhlupe-
ko yami;
14 Kona u ya ngetusa ngamapupo, u
ya ngesabisa ngesiyezi:
15 Umpefumlo wami u ya keta uku-
binda, nokufa ku noqobo lwami.
16 Ngi ya wa dela; a ngi fisi uku-
hlala njalo: ngi yeke; ngoba imihla
yami i ize.
17 Umuntu u yini na, ukuba a paka-
nyiswe uwe na? nokuba u yi beke inhli-
ziyo yako kuyena?
18 U ze u m hlupe kusasa imihla yo-
nke, u m linge sonke isikati:
19 Ko ze ku be nini u nqaba uku ngi
yeka, u ngi yeke ngi ze ngi minze ama-
te ami?
20 Ngonile; ngi ya ku kwenza njani,
wena o gcinayo abantu? u ngi miseleni
ngi into yokuvukelwa uwe, ngi ya zi
sinda njengomtwalo.
21 Ku ngani a u yekeli icala lami, u
suse ukona kwami na? ngoba kaloku
ngo lala otulini; wo ngi funa kusasa, a
ngi yi kubako.

## ISAHLUKO 8.

WA pendula uBildade umShui, wa ti,
2 Ko ze ku be nini ukuluma lezi-
zindaba? ko ze ku be nini amazwi omlo-
mo wako a fane nesipepo?
3 uTixo u yona yini lapo e teta
icala na? uSomandhla u ya lona icala
na?
4 Uma abantwana bako bonile ku-
ye, yena u ba xotyile ngeňxa yokona
kwabo;
5 Uma u pendukela kuTixo ngezikati,
u kuleke kuye uSomandhla;
6 Uma u lungile u kolekile; impela
u be za ku vuka a ku size, a li gcine
ikaya lokulunga kwako li be lihle.
7 Nokuba ukuqala kwako kwa ku ku
ncane, noko ukupela kwako ku ya kwa-
nda ka kulu.
8 Kumbula izizukulwane, a ke u bu-
ze isizukulwaneni sa pambili, u qinise,
u funisise koyise baso:
9 Ngoba tina si nga ba izolo nje, ka
sazi luto, ngoba izinsuku zetu emhlabeni
zi isitunzi nje:
10 Bona a ba yi kukufundisa yini, ba
ku tyele, ba wa kipe amazwi ezinhli-
ziyweni zabo?
11 Amagceba a ya hluma ku ngeko
exapozini na? incema i nga mila lapo e
ngeko amanzi na?
12 Uma ku se manzi, ku nga ka
nqunywa, ku ya buna kuqala ku ne-
miti yonke.
13 Zi ňjalo izindhlela zabo abako-
hlwayo uTixo; itemba lomzenzisi li ya
kupela:
14 Itemba lake li ya nqunywa, ukwe-
temba kwake ku ya kuba ulwembu.
15 U ya kwetemba indhlu yake, ko-
dwa a i yi kuma: u ya kubambelela ku-
yo kepa a i yi kuqina.
16 Yena u luhlaza elangeni, igatya
lake li ya hluma ensimini yake.
17 Izimpande zake zi ya tandela
enqwabeni, i hlezi ematyeni.
18 Uma e citeka endaweni yake, ngo-
qobo i ya kumala, i ti ka ngi za nge ngi
ku bona.

19 Ku njaloke, ukujabula kwendhlela yake, ku ya ku vela abanye emhlabeni.

20 Bheka, uTixo ka so ze a m lahle umuntu o neqiniso, futi ka so ze a ba size abashingayo:

21 Ku ze ku gcwale umlomo wako ukuhleka, nezindhlebe zako ukujabula.

22 Bona aba ku zondayo ba ya kwembata amahloni: indhlu yabonayo i ya kupela.

## ISAHLUKO 9.

WA pendula uJobe wa ti,

2 Yebo, ngi yazi ukuba ku njalo: kepa umuntu a nga ba kanjani e lungile pambi kuka Tixo?

3 Uma uTixo e tanda ukupikisana naye, ka ko namunye enkulungwaneni o nga m pendulayo.

4 Yena u nenhliziyo ehlakanipileyo, u namandhla amakulu; ubani o ke wa ziqinisela ukulwa naye, e ngahluleki?

5 Yena o susa izintaba, masinyane, u ya zi gubungela.

6 U ya zamazisa umhlaba, u pume endaweni yawo, izinsika zawo zi tutumele;

7 U ya yala ilanga, li nga pumi; u ya vimbela izinkanyezi kumnyama;

8 Yena o yedwa eneka amazulu, u ya hambela emhlabeni, na selwandhle.

9 Yena o zenza uUrsa Majori, noCwazibi, neSilimela namagumbi a seningizimu.

10 Yena ozenzayo izinto ezinkulu ezi nge nako ukufunyanwa; yebo, izimangaliso ezi nge nako ukubalwa.

11 Bheka, u ya dabula nga kimi, kepa a ngi m boni: u ya dhlula kodwa a ngi mu zwa.

12 Yena u ya panga, ubani o nga m tiya? ubani o nga ti kuye, Wenzani?

13 uTixo ka yi kubohlisa ulaka lwake, abazidhlayo ba ya kutobeka pansi kwake.

14 Po! mina ngi nga m pendula kanjani, ngi kete amazwi a tize ukupikisana naye na?

15 Noma be ngi ngcwele, ngi nge ze ngi m pendule; kodwa ngi nga nxusa.

16 Uma nga be ngi memezile, yena wa be e ngi pendula: noko ngi nge ze ngi kolwe ukuba yena u be lalele izwi lami.

17 Ngobane e ngi zuma ngesivunguvungu, u yandisa amanxeba ami, ngi nge nacala.

18 Ka vumi ukuba ngi pefumle, kodwa u ya ngi gcwalisa ngomunyu.

19 Uma ngi kuluma ngawo amandhla, bheka, yena u nawo amandhla: Uma ngi kuluma ngokuteta amacala, ubani o za kungimisela isikati?

20 Uma ngi zitetelela, umlomo wami wo ngi lahla: noma ngi ti, a ngi nacala, u ya kuti ngonile.

21 Noma ngi nge nacala, ngi nge wazi umpefumlo wami: ngi nga dela ukupila kwami.

22 Ku kunye, ngako ngi tyilo ukuti, u ya ba qeda nabalungileyo nabangalungile.

23 Uma ku bulala usizi oluzumayo, u ya ku hleka izinhlupo zabo aba nge nacala.

24 Umhlaba lo se u nikelwe esandhleni sabashingayo: u ya mboza ubuso babahluli bawo; uma e nge siye, ku ubani na?

25 Imihla yami i tyetya ku nogijimayo: i ya pela i nga boni okuhle.

26 I ya dhlula njengemikumbi yomhlanga: njengokozi olu tyetyayo ukuponseka ezilwaneni.

27 Lapo ngi ti, ngi ya kukohlwa ukusola kwami, ngi ya ku peza ukukala, ngi tokoze;

28 Ngi yesaba zonke izinhlupo zami, ngi yazi ukuba a ku yi ku ngi tetelela njengongenacala.

29 Ngi ya kulahlwa, po, ngi sebenzelani na?

30 Uma ngi ya zigeza ngamanzi ka ngqoqwane, izandhla zami ngi zi hlanze ngensipo;

31 Kona u ya kungicwilisa emgodini, izingubo zami zi ngi dele.

32 Ngoba yena ka siye umuntu, njengami, ukuba ngi m pendule, si hlangane ku tetwe icala letu.

33 Futi ka ko e ngahlula pakati kwetu: o nga beka izandhla zake pezu kwetu sobabili.

34 Ma yi suse induku kimi, itwetwe lake ma li nga ngetusi:

35 Kona ngi nga kuluma, ngi nga mesabi; ngoba ku nge njalo kimi.

## ISAHLUKO 10.

INHLIZIYO yami i si katele; ngi ya kuzinika ekusoleni; ngi ya kukuluma ngokuhlupeka kompefumlo wami.

2 Ngi ya kuti kuTixo, U nga ngi lahli; ngi tyele u lweleni nami na?

3 Kuhle yini kuwena ukuhlupa, ukudelela umsebenzi wezandhla zako, u vumele icebo labashingayo?

4 U nawo amehlo enyama na? bala u
ya bona njengabantu na?
5 Imihla yako i njengemihla yabantu
na? iminyaka yako i njengemihla yaba-
ntu na?
6 Loku u funisisa ukona kwami, u si
buze nesono sami?
7 U yazi ukuba a ngoni; amuko o nga
ngi kulula esandhleni sako.
8 Izandhla zako zi ngenzile zi ngi da-
bulile ngi pelele; kepa u ya ngi cita.
9 Kumbula, ukuba u ngenzile njenge-
bumba; u ya ku ngi buyisela otuli-
ni na?
10 A u ngi catazile njengobisi na? a u
ngi hlambululile njengomlaza na?
11 U ngi gqokisile ngesikumba na
ngenyama, u ngi biyile ngamatambo
nemisipa.
12 U ngi pile ukupila nenhlanhla, uku-
gcina kwako ku londile umoya wami.
13 Lezo zindaba u zi tukusile enhlizi-
yweni yako: ngi yazi ukuba ku senta-
ndweni yako.
14 Uma ngi yona, u ya ngi linda, a ku
yi ku yekela ukona kwami.
15 Uma ngi yona, nako kimina; no-
kuba ngi lungile, a ngi yi kululamisa
ikanda lami. Ngi danile nje; ngako wo
bheka ukuhlupeka kwami.
16 Uma li zilulamisa u ya ngi qapela
njengengonyama: u buye u ngi vukele
ngamandhla.
17 U ya buyela nofakazi bako kimi, u
yandisa ulaka lwako kimi; amabandhla
ngamabandhla a hlasela kimi.
18 Ngakoke ku njani po wa ngi kipa
esiswini? sengati nga be ngi gqabukile,
li ngeko iso e li ngi bonileyo.
19 Nga ngi za kuba njengokuba nga
ngi ngeko; nga ngi za kugqitywa etune-
ni ngi sa puma esiswini.
20 Imihla yami a i incozana yini?
pezake pela u ngi yeke, ngi ze ngi toko-
ze isikatyana,
21 Ngi nga ka hambi ukuya lapo ngi
nga yi kubuya kona ezweni lobumnya-
ma, nomtunzi, nokufa;
22 Ezweni lobumnyama, nqobo lwa-
bo, e lomtunzi wokufa, ku ngeko uku-
hleleka, lapo ukukanya ku njengobu-
mnyama.

## ISAHLUKO 11.

WA pendula uZofari umNama wa ti,
2 Ku nge pendulwe amazwi ama-
ningi na? umuntu o nokukuluma oku
ize a nga tetelelwa na?
3 Amacebo ako a nga tulisa abantu
na? uma u hlekisa a nge ku tuke umu-
ntu na?
4 U tyilo, wa ti, ku lungile ukufundi-
sa kwami, ngi mhlope emehlweni ako.
5 Sengati uTixo a nga kuluma a pi-
mise emlonyeni wake ngokuma kwako.
6 A ku bonise okufihlakeleyo koku-
hlakanipa, ngokuba ukwazi ku ku-
lu; Yazi ukuba uTixo wenzile ukuba
ku nga kunjulwa inxenye yokushinga
kwako.
7 Ngokuhlola u nga fumana okufihli-
weyo kuka Tixo na? u nga m fumana
uSomandhla, ku ze ku pelele na?
8 Ku pakeme njengezulu, u ngenzani
wena na? Ku julile ku nehaidesi, u nga-
zini na?
9 Ukulinganisa kwako kude ku no-
mhlaba, ku banzi ku nolwandhle.
10 Uma e vukela umuntu, e m nikela
a botywe, e mema ibandhla, ubani o nga
m tiyayo na?
11 Ngoba u ya bazi abantu abashinga-
yo, u ya bona ukona, ngako ka yi kuku-
qonda na?
12 Ngoba abantu ba ize, aba nakwa-
zi; ba zalwa njengetole lembongolo ya
sendhle.
13 Uma u lungisa inhliziyo yako, we-
lulele izandhla zako kuye,
14 Uma ukona ku sesandhleni sako,
ku xotye; ku nga hlali ezindhlini zako.
15 Konake u nga lulamisa ubuso, bu
nge nabala; yebo u ya kuma, u nga bi
nakwesaba:
16 Ngoba u ya kukohlwa usizi lwako,
u lu kumbule njengamanzi a dhlulayo:
17 Ukupila kwako ku ya qama kune-
mini; noma u sityekelwa ubumnyama
u ya kuba njengokusa.
18 U ya kuhlala u ngesabi, ngokuba ku
kona ukwetemba; nokuba u namahloni,
u ya kupumula, ngokutula.
19 U ya kulala, u ngetuswa muntu,
yebo, abaningi ba ya kufuna okuhle
kuwe.
20 Kepa amehlo ababi a ya fipala, a
ba yi kusinda, itemba labo li njengoku-
puma komoya.

## ISAHLUKO 12.

WA pendula uJobe, wa ti,
2 Nempela inina e ni abantu, ukwa-
zi ku ya kufa kanye nani.
3 Kodwa nami ngi nengqondo njenga-
ni; a ni ngi dhluli: yebo lezo zinto uba-
ni o nga zaziyo na?

4 Mina ngi njengobinqwayo o wakelene naye, o memezayo kuTixo, a m pendule: umuntu olungileyo ohambayo ngokufanela u hlekwa usulu.
5 Emcabangweni wohlezi kamnandi, ku kona ukudelela o nosizi ku lungiselwa labo aba tyelela ngezinyawo zabo.
6 Amadokodo abapangi a hlala e qinile, naba m cunulayo uTixo ba hlala be ngesabi; aba pete uTixo wabo esandhleni sabo.
7 Buzake ezilwaneni, zo ku fundisa; nezinyoni zezulu, zo ku tyela.
8 U kulume kuwo umhlaba, u ya ku kufundisa; nezinhlanzi zolwandhle, zi ya ku kutyengisa.
9 Ubani o ngaziyo kuko konke loko ukuba isandhla sika Jehova si kwenzile loku?
10 Esandhleni sake ku kona ukupila kwako konke okuhambayo, nokupefumla kwabantu bonke.
11 Indhlebe a i wahlukanisi amazwi njengomlomo u zwa ukudhla kwawo na?
12 Kwabadala ku kona ukwazi; nobuningi bemihla bu veza ingqondo.
13 Kuyena ku kona ukwazi namandhla, yena u nokuhlakanipa nengqondo.
14 Bheka u ya bidhliza ku nga biko ukwakiwa futi; u ya valela umuntu a nga bi nokuvulelwa.
15 Bheka u ya vimbela imvula, a tye amanzi; u ya wa vulela, a dilize umhlaba.
16 Kuyena ku kona amandhla nokwazi: yena okohliswayo kanye nokohlisayo ba nga bake.
17 U ye mukisa izinduna zi pangwe nabahluli a benze iziula nje.
18 U ya wa tukulula amakosi ekubotyweni, u ya wa bopa ezinkalweni zawo ngemisonto.
19 U ya hola amakosana e pangiwe, u ya wa cita amaqawe.
20 U ya susa ukukuluma kokolekayo, u ya susa ingqondo yabadala.
21 U ya wa dumaza amakosana, a tukulule imbonya yeqawe.
22 U ya bona okujulileyo ebumnyameni, a kipele obala umtunzi wokufa.
23 U yandisa izizwe, a zi cite; u ya kulisa izizwe, a buye a zi cite.
24 U ya sanganisa izinhliziyo zabakulu babantu bomhlaba, a be duse ehlane lapo ku nge ko ndhlela.
25 Ba puputeka ebumnyameni ku ngeko ukukanya, u ya benza ba pubazele njengesidakwa.

## ISAHLUKO 13.

ISO lami li ku bonile konke, indhlebe yami i'ku zwile, i zizwele kona.
2 Loko okwaziwa inina nami ngi ya kwazi: a ni ngi dhluli.
3 Kodwa ngi ya ku kuluma kuSomandhla, ngi fisa ukuzihlanza kuTixo.
4 Kepa nina ni ngabaqambi bamanga, ni izinyanga ezi nga sizi luto nonke.
5 Sengati ni nga tula ni ti du! loko ku nga ba ukuhlakanipa kwenu.
6 Lalelanike ukuqonda kwami, ni zwe ukuncenga komlomo wami.
7 Ni ya ku m kulumela uTixo okubi na? ni m kulumele ngamacebo na?
8 Ni ya ku m mela ni bheke ubuso bake na? ni ya ku m pikela uTixo na?
9 Ku ya kuba kuhle kini ukuba a ni hlole? nembala ni nga m kohlisa, njengokuba umuntu e kohliswa na?
10 Impela u ya kunijezisa, uma ngasesita ni ba vumela abanye ngokuketa.
11 Ubukulu bake a bu yi ku netusa na? ukwesabeka kwake a ku yi ku nehlela na?
12 Iziga zenu zi fana nomlota, izihlangu zenu zi izihlangu zebumba.
13 Tulani, ni ngi yeke, ngi ze ngi kulume, nokuba ku fikani kimi, a ku fike.
14 Ku ngani ukuba ngi tabate inyama yami ngamazinyo ami, ngi beke ukupila kwami esandhleni sami?
15 Nokuba e ngi bulala ngo metemba; kodwa ngi ya ku qinisa izandhla zami pambi kwake.
16 Loko ku ya kuba usindiso lwami: ngoba umzenzisi ka nako ukuza pambi kwake.
17 Lalelani kahle ukushumayela kwami, nokutyo kwami ma ku zwakale ezindhlebeni zenu.
18 Bheka manje se ngi lungisile indaba yami: ngi yazi ukuba i ngi lungele.
19 Ubani o za kupikisana nami? ngokuba manje, uma ngi tula, ngi ya kugqabuka.
20 U ngenzi izinto ezimbili kimi; kupela konake a ngi yi ku kucatyela.
21 Finyeza isandhla sako si be kude nami: ukwesabeka kwako ma ku nga ngetusi.
22 Konake biza, ngi ya kusabela: vuma ngi kulume, u ngi pendule.
23 Izono zami nezipambuko zami zi

ngakanani na? ngazise ukona kwami
nesono sami.
24 Ku ngani ukuba u ngi fihlele ubuso
bako, u ngi patise okwesita sako?
25 Wo li fohloza iqabunga eli pepete-
kayo umoya, wo landela izibi nje na?
26 Ngokuba u loba ngami oku lusizi,
u ngenza ngi dhle ifa lezono zobutya
bami.
27 U faka izinyawo zami ezingongo-
lweni u linde izindhlela zonke zami, u
yemba ngasezitendeni zezinyawo zami.
28 Yena u ya ncipa, njengento eboli-
leyo, njengengubo e dhliwe izinyundu.

## ISAHLUKO 14.

UMUNTU ozelwe umfazi, imihla yake
i incozana, i gewele usizi.
2 U ya kahlela njengembali, a nqu-
nywe: u muka njengetunzi, a ka hlali.
3 U bheka ngamehlo ako konje na, u
ngi ngenise ecaleni kanye nawe na?
4 Ubani o ya kubonisa o hlanzekileyo
o zelwe o ncolileyo na? Kako noyedwa.
5 Uma imihla yake i nqunyiwe, ubu-
ningi bezinyanga zake bu kuwena, u
menzele umkaulo a nge naku u dhlula.
6 M yeke a pumule a ze a qede usuku
lwake njengesisebenzi.
7 Ngokuba ku kona itemba emutini
uma u nqunywa, ukuba wo buye u hlu-
me, nokuba ihlumela lawo a li yi kupela.
8 Nokuba impande yawo yomela pa-
nsi emhlabatini, nesiqu sawo si bola
emhlabatini;
9 Kepa ngokuzwa kwawo amanzi u ya
hluma u kahlele, amagatya awo njenge-
sitombo.
10 Kodwa umuntu u ya fa, a pele;
umuntu u ya gqabuka, a be pi ke?
11 Amanzi a ya muka elwandhle; no-
mfula u ya tya wome;
12 Ku njalo umuntu u ya lala pansi, a
nga be sa vuka futi: li ze li dhlule izulu,
a ba yi ku vuka, ba papame ebutongwe-
ni babo nakanye.
13 Sengati u nga ngi tukusa ehaidesi,
u ngi beke ekusitekeni, ko ze ku dhlule
ulaka lwako, u ngi misele isikati esitile,
u ngi kumbule!
14 Uma umuntu e fa wo buya a pile
na? Zonke izinsuku zokulwa kwami
ngi ya kuhlala, ku ze ku fike isikati
sokupela kwami.
15 U ya kubiza, ngi ya kusabela; u ya
ku nxanela umsebenzi wezandhla zako.
16 Ngokuba manje u ya bala ukunya-
tela kwami: a u dhlulise isono sami.
17 Ukona kwami ku valelwe esikwa-
meni, u ya zi tungela izono zami.
18 Impela lapo intaba i wayo, i ize
nje, nedwala li susiwe endaweni yalo.
19 Amanzi a ya gumba amatye uku-
hamba kwawo ku ya kukula izinto ezi-
hlumayo emhlabatini; u ya qeda itemba
labantu.
20 U ya mahlula njalo u ya pela: u ya
guqulela ubuso bake, u m mukise:
21 Amadodana ake a tola inhlanhla,
yena a nga kwazi, a ya hlupeka, kodwa
a boni luto kuwo.
22 Kodwa inyama e kuye i nobuhlu-
ngu, nompefumlo o kuye u ya kala.

## ISAHLUKO 15.

WA pendula uElifazi umTemani, wa
ti,
2 Umuntu ohlakanipileyo u kuluma
umoya nje, a gewalise isisu sake ngomo-
ya wa sempumalanga na?
3 A pikisane ngamazwi a nga sizi lu-
to, na ngokukuluma a nge nako ukusiza
ngako na?
4 Yebo, u ya xotya ukwesaba, u vi-
mbela ukukuleka pambi kuka Tixo.
5 Ngoba umlomo wake u ya fundisa
ukona kwako, u ya keta ulimi lwako
nobuqili.
6 Umlomo wako o ku lahlayo a si mi-
na: izindebe zako zi ya fakaza ngawe.
7 Uwe ini umuntu o wa zalwa ku-
qala? Wenziwa zi nga ka biko izi-
ntaba na?
8 U zwile ini imfihlakalo ka Tixo na,
u zi geinele ukwazi wedwa na?
9 Wazini e si ngayaziyo na? u qonda
ntoni e ngeko kitina na?
10 Ku kona kitina izimpunga nama-
xegu, a be kona nga pambili kuka yihlo.
11 Iziduduzo zika Tixo zi ncane ini
kuwe, namazwi a kulunywa kahle ku-
we na?
12 Ku ngani ukuba inhliziyo yako i
ya ku mukisa na? amehlo ako a payi-
zelani?
13 Ukuba u guqukele uTixo ngenhli-
ziyo yako, u kipe ngomlomo wako ama-
zwi a nje na?
14 Umuntu u yini, ukuba a be o hla-
nzekileyo? Naye o zelwe umfazi, uku-
ba a be o lungileyo na?
15 Bheka a ka betembi nabaingcwele
bake; nezulu a li mhlope emehlweni
ake.
16 Umuntuke mubi u ngcolile kanga-
kanani, o puza ukona njengamanzi na?

17 Ngi za ku kutyengisa, lalela loku e
ngi ku bonileyo ngi za ku kutyela kona.
18 Abahlakanipileyo a ba kuzwayo
koyise a ba ku fihlanga:
19 Umhlaba, o wa nikwa bona bodwa
kwa ku ngeko umfokazi o wa e ba dabula.
20 Isoni si hlupeka imihla yonke yaso,
nomhlupi u bekelwe iminyaka e baliweyo.
21 Ku kona udumo lokwesaba ezindhlebeni
zake: lapo e hlezi kahle, u
ya ku fikelwa umbulali.
22 Ka kolwa ukuba u ya kupuma
ebumnyameni u hlalelwa inkemba.
23 U ya kuzulazula e funa ukudhla, e
ti, Ku pi na? u yazi ukuba usuku lobumnyama
se lu seduze naye.
24 Ukuhlupeka nosizi ku ya ku mesabisa;
ku ya kumahlula, njengenkosi e
hlomele ukulwa:
25 Ngokuba welulela isandhla sake
kuTixo, u ya zikukumeza kuSomandhla.
26 U gijima pezu kwake na sentanyeni,
ngezihloko zezihlangu ezi kandeneyo:
27 Ngokuba u mboze ubuso bake ngamafuta,
a kulupalise ukalo lwake.
28 U hlala emizini e citekileyo na sezindhlini
ezi nga hlalwa muntu e se zi
lungele ukudilika.
29 Ka yi kuceba nemfuyo yake a i yi
kuma, nengcebo yake a i yi kwanda
emhlabeni.
30 Ka yi kupuma ebumnyameni; ilangabi
li ya kutyisa amagatya ake, na
ngomoya womlomo wake, u ya kumuka.
31 U kohlisekile, ma ngetembi ize;
ngokuba umvuzo wake u ya kuba ize.
32 Ku ya ku nqunywa ku nga ka bi
isikati sake, igatya lake a li sa yi kuba
luhlaza.
33 U ya kuvutulula isinwazi sake si
se luhlaza, njengevini, a lahle imbali
yake njengomgwenya.
34 Ngokuba ibandhla labadeleli li ya
kuba ize, nomlilo wo qeda amadokodo
enkohliso.
35 Ba kulelwe ukushinga, ba zala ukona,
isisu sabo si lungisa inkohliso.

## ISAHLUKO 16.

WA pendula uJobe, wa ti,
2 Ngi zwile izindaba eziningi ezinye:
nina nonke ni ngabaduduzi ababi.
3 Amazwi a ize a se pelile na? u cunulwa
yini ukuba u pendule na?
4 Nami ngi nga kuluma njengani;
uma umpefumlo wako u be u sesikundhleni
sowami, be ngi nga hlanganisela
amazwi kuwe, ngi ku nikinele ikanda
lami.
5 Be ngi nga ku qinisa ngomlomo wami,
nokuhaukela kwezindebe zami, ku
ku duduze.
6 Nokuba ngi kuluma, ukuhlupeka
kwami a ku ncipi, nokuba ngi tule, ku
pelani?
7 Ngeqiniso manje u ngi danisile: u
ba citile bonke a bendhlu yami.
8 U ngi bambisisile, ku ufakazi: nokuzaca
kwami okubonakalayo ku ya
fakaza ngobuso bami.
9 Ulaka lwake lu ngi dabulile lu
yalwa nami: u ngi gedhlile ngamazinyo
ake njengesita sami u ngi kipele
amehlo ake.
10 Ba ngi kamisele umlomo wabo, ba
ngi mukula esihlatini ngenhlamba; ba
hlangana ngami.
11 uTixo u ngi nikele kuye okohlakeleyo
u ngi ponsile ezandhleni zezoni.
12 Nga ngi hlezi kahle, kepa wa ngi
coboza; wa ngi bamba ngentamo wa
ngi fohloza, wa ngi misa nga ba okokudutyulwa.
13 Imicibityelo yake ya ngi haqa,
u ya dabula izinso zami, e nge namhau;
u ya cita inyongo yami emhlabatini.
14 U ya ngapula futifuti; a gijime pezu
kwami njengeqawe.
15 Ngi tungile indwangu yamasaka
emzimbeni wami, ngi lu tobisele upondo
lwami emhlabatini.
16 Ubuso bami bu bomvu ukukala,
na kuzo izinkope zami ku kona itunzi
lokufa.
17 Nokuba ku nge ko icala ezandhleni
zami: nokukuleka kwami ku lungile.
18 Mhlabati, ma u nga fihli igazi lami,
ukukala kwami ma ku nga bi noku ngezwakali.
19 Bhekake ufakazi wami u se sezulwini,
nomboneli wami u sezindaweni
ezi pezulu.
20 Imihlobo yami i yona e ngi delelayo,
kepa iso lami li kala kuTixo.
21 Ukuba sengati omunye a nga m
nxusela umuntu kuTixo, njengokuba
umuntu e nxusela umhlobo wake.
22 Ngokuba ngeminyaka e incozana,
e nga balwayo, ngi ya kumuka ngendhlela
e ngi nga sa yi kubuya ngayo.

## ISAHLUKO 17.

UMPEFUMLO wami se u file, imi-
hla yami i pelile, amatuna a se
ngi lungile.
2 A ngi hlezi naba ngi hlekayo na?
iso lami a li ku buki ukuhlupa kwa-
bo na?
3 Beka pansike u ngi tembise mina
nawe ubani o nga vumelana nami, nga-
pandhle kwako na?
4 Ngokuba inhliziyo yako u yi valele
ekwazini ngako a u yi kubapakamisa.
5 Onikela imihlobo kubapangi lapa,
amehlo abantwana bake a ya fipala.
6 U ngenzile ngi be isiga sabantu; se
ngi odeliweyo ebusweni.
7 Iso lami li fipele ngenxa yosizi, na-
malungu onke ami a njengesitunzi.
8 Abaqoto ba ya mangala ngaloku, no
nge nacala u ya vukela omubi.
9 Kepa olungileyo u bambelele endhle-
leni yake, yena o nezandhla ezimhlope
u yanda njalo.
10 Kodwa nina nonke buyani ni ze
noko a ngi yi kufumana noyedwa ohla-
kanipileyo ki nina.
11 Imihla yami se i dhlulile, ukwete-
mba kwami kwa pukile, nemicabango
yenhliziyo yami.
12 Ba pendule ubusuku bu be imi-
ni; ukukanya ku seduze pambi kobu-
mnyama.
13 Uma ngi hlale, ituna li indhlu ya-
mi: ngendhlalile umbede wami ebu-
mnyameni.
14 Ngi te ekuboleni, wena wa ba uba-
ba: ngi te ezimpetwini, wena wa ba
umame nodade wetu.
15 Li pi itemba lami na? ukwetemba
kwami, ubani okubonayo na?
16 Li ya kutyona emgodini, lapo se si
pumula kanye otulini.

## ISAHLUKO 18.

KWA pendula uBildade umShui, wa
ti,
2 Ko ze ku be nini ni nga pezi la-
mazwi na? lalelake, nati so kuluma
ngasemva.
3 Ku ngani ukuba tina ku tiwa si
izilwane, si ya nuka ebusweni bako?
4 Yena u ya zihazula, e tukutela;
umhlaba u ya kuciteka yini, ngenxa
yako na? Itye lo ze li suswe endaweni
yalo na?
5 Kanti isibani sokohlakeleyo si ya
kucima, nenhlansi yomlilo wake a i yi
ku kanya.
6 Ku ya kuba mnyama etenteni la-
ke, ubaqa lwake lu ya kucinywa pezu
kwake.
7 Ukunyatela kwake oku namandhla
ku ya kufinyezwa, ukuqonda kwake ku
ya ku m wisa.
8 Ngoba izinyawo zake zi ya m po-
nsa ogibeni, u ya hamba pezu kwama-
veku.
9 Inhlali i ya ku m bamba ngesitende,
isihibe si ya ku m bambisisa.
10 U tukuselwe ugibe emhlabatini no-
noxaka u sendhleleni yake.
11 U ya kwetuswa ukwesaba inxa zo-
nke ku metuse ekunyatelweni kwake.
12 Amandhla ake a ya kupela uku-
lamba, ukuciteka se ku lungile ecaleni
lake.
13 Ku ya ku dhla amalungu omzimba
wake; o ku izibulo lokufa.
14 Ukuqina kwake ku ya kusityulwa
etenteni lake ku ya ku m yisa enkosini
yokwesatywa.
15 Ku ya kuhlala edokodweni lake
aba nge sibo a bake: isolufa li ya kusa-
kazeka endhlini yake.
16 Izimpande zake zi ya koma nga-
pansi, igatya lake li bune ngapezulu.
17 Ka sa yi kukunjulwa emhlabeni,
ka yi kuba nagama endhleleni.
18 U ya kukitywa ekukanyeni, a
yiswe ebumnyameni, a xotywe emhla-
beni.
19 Ka yi kuba nandodana namzuku-
lwana kwaba kwake, noyedwa oseleyo
ezindhlini zake.
20 Bona aba m landelayo ba ya kuma-
ngaliswa usuku lwake, naba nga pambi
kwake betuka.
21 Zi njaloke izindhlu zabangalungile,
i njalo indawo yake o nga maziyo uTixo.

## ISAHLUKO 19.

WA pendula uJobe, wa ti,
2 Ko ze ku be nini ni hlupa umpe-
fumlo wami, ni ngi hlaba ngamazwi?
3 Se ku izikati ezi isihlanu ni ngi sola:
a ni nanhloni nokuba ni ya zenza, ni be
lukuni kimi.
4 Nokuba ngonile impela icala lami li
kimina ngedwa.
5 Nempela ni ya zikukumeza kimi ni
qinisa ngami ihlazo lami na?
6 Azinike ukuba uTixo o ngi citile, wa
ngi pahla ngeneta lake.
7 Bheka ngi ya kala ngi ti kubi; ko-
dwa a ngi zwakali: ngi kalela ukusi-
zwa kepa, ka ko o li tetayo icala.

8 U yi biyele indhlela yami ngi nge
dhlule, u bekile ubumnyama ezindhle-
leni zami.
9 U ngapucile udumo lwami, wa susa
umqele ekanda lami.
10 U ngi citile emacaleni onke, se ngi
pelile: u susile ukwetemba kwami nje-
ngomuti.
11 U ngi vusele ulaka lwake, u ngi
balile njengezita zake.
12 Amabuto ake a hlangana, e ze kimi
e vimbezele idokodo lami.
13 U ba bekile kude nami abafo wetu,
nabangane bami ba hlukene nami
impela.
14 Abakiti ba nyamalele, nezihlobo
zami zi kohliwe imina.
15 Abahlalayo kwami, nezincekukazi
zami zi ti ngi ngumfokazi; ngi ngo we-
zizwe emehlweni abo.
16 Ngi yi bizile inceku yami, a yi sabe-
langa; nga yi ncenga ngomlomo wami.
17 Umoya wami u su mubi kumkami,
nokuncenga kwami kubafo wetu.
18 Yebo, abantwana aba amashinga-
na ba ya ngi delela; nga suka, ba ku-
luma ngami.
19 Nemihlobo yami yenhliziyo se ngi
ya i nukela, nabo e nga ngi tandana
nabo, se be ngi hlubukile.
20 Itambo lami li namatele esikumbe-
ni sami na senyameni yami ngi sinde
ngamazinyo kodwa.
21 O mihlobo yami! ngi haukeleni,
ngi haukeleni; ngoba isandhla sika
Tixo, si ngi patile.
22 Ni ngi hlupelani njengaye uTixo, a
ni suti ngenyama yami na?
23 Sengati amazwi ami nga e baliwe!
sengati nga e cindezelwa encwadini!
24 Sengati nga e lotyiwe ngepeni le-
nsimbi, na ngomtofu etyeni ku ze ku be u
ngunapakade!
25 Ngoba ngi yazi umkululi wami u
kona, nokuba ekupeleni u ya kuma
emhlabeni:
26 Noko se u pelile umzimba wami,
ngi ya ku m bona uTixo ngi nenyama
yami.
27 Ngi ya ku m bona uqobo lwami,
ngawami amehlo, e nge siye e ngi nga
maziyo; umpefumlo wami u ya pela esi-
fubeni sami.
28 Uma ni ti, Si ya ku m xotyisa ka-
njani na, ngoba isiqu sendaba si kimi?
29 Ma ni yesabe inkemba: ngoba ula-
ka lu veza izinhlupo zenkemba, ukuba
nazi ku kona ukutetwa kwamacala.

## ISAHLUKO 20.

WA pendula uZofari umNama wa ti,
2 Ku ngalokoke imicabango yami
i ya ngi pendula, na ngenxa ya loko ngi
ya tyetya.
3 Ngi ku zwe ukusolwa kwehlazo lami
na? umóya wengqondo yami u ti ma
ngi pendule.
4 U ya kwazi ini loko kwasendulo, se-
loku abantu ba bekwa emhlabeni:
5 Ukuba ukunqoba kwesoni ku futya-
ne, nentokozo yomzenzisi e yesikatyana
nje na?
6 Nokuba udumo lwake lu finyelela
ezulwini, nenkemba yake i fika ema-
fwini;
7 U ya kupela njengamasimba ake;
a ba ke be m bona ba ya kuti U pi
na?
8 U ya kunyamalala njengepupo, a
nga be e sa tolakala: yebo, u ya kuxo-
tywa njengokuputywayo ebusuku.
9 Iso ela ke la m bona, a li sa yi kupi-
nda li m bone futi; nendawo yake a i
sa yi kumazi.
10 Amadodana ake a ya kukonza kwa-
bampofu, nezandhla zabo zi ya kubuyi-
sela impahla yabo.
11 Noko amatambo ake e gcwele ubu-
tya bu ya kulala naye otulini.
12 Nokuba ukona ku mnandi emlo-
nyeni wake, nokuba e ku tukusa pansi
kolimi lwake;
13 Nokuba e ku londoloza njalo, e nga
ku yeki, kepa e ku gcina njalo emlonye-
ni wake;
14 Ukudhla kwake ko guqulwa esi-
swini sake ku be njengenyongo yebululu
pakati kwake.
15 U gwinyile ukuceba wo buya a ku
hlanze futi: uTixo u ya kukipa esiswini
sake.
16 Wo munca isihlungu sebululu: u
ya kubulawa ulimi lwenyoka.
17 A sa yi ku tokoza ngemifula, noza-
mcolo nemifulana yezinyosi nebotela.
18 Loko a ku sebenzelayo wo ku bu-
yisela, ka so ze a ku gwinye: u ya ku-
pindelisela oku ngangempahla yake, ka
so ze a tokoze.
19 Ngokuba u ba hlupile; wa ba dela
abampofu wa panga indhlu e ngaki-
wanga uye;
20 Loku ku nga peli ukunxanela kwa-
ke, ka so ze a gcina loko a ku fisayo.
21 Akuko okusindayo kwa ku fisayo,
ngako imfuyo yake a i mi.
22 Ekusuteni kwake wo swela njalo:

izandhla zonke zezoni zi ya ku fikela kuye.

23 Ko ti ekusuteni kwake uTixo a m vusele ulaka lwake, u ya kumehlisela lona e sa dhla.

24 Ekubalekeni kwake, umkonto wensimbi, u ya kugwazwa umcibityelo wetusi.

25 U ya kitywa u pume emzimbeni wake; yebo, nenkemba e kazimulayo enyongweni yake wehlelwa izinsizi.

26 Ubumnyama bonke bu bekelwe ingcebo yake; umlilo o nga vutelwanga u ya ku m qeda; ku ya kuba kubi koseleyo edokodweni lake.

27 Izulu lo bonakalisa isono sake; umhlaba u ya kumvukela.

28 Ukwanda kwendhlu yake ku ya kunyamalala ku muke ngomhla wentukutelo yake.

29 Loku ku isabelo, e si vela kuTixo, sesoni nefa e si li miselwe uTixo.

## ISAHLUKO 21.

KEPA uJobe wa pendula wa ti,

2 Lalelani kahle amazwi ami, loku ma ku be induduzo kini.

3 Ngi vumeleni konake ngi ya kukuluma; lapo se ngi kulumile ni ngi binqe.

4 Mina ngi sola kumuntu na? Uma ku njalo, umoya wami u nge katazeke ngani na?

5 Ngi bhekisiseni, ni mangale, bambani imilomo ngezandhla zenu.

6 Lapo ngi cabanga nje ngi yesaba, inyama yami i tutumela.

7 Ku ngani ukuba abashingayo ba ya pila ba ze ba be badala, yebo, ba be namandhla na?

8 Inzalo yabo i yema pambi kwabo kanye nabo, abazukulwana ebusweni babo.

9 Izindhlu zabo zi nokutula a zi nakwesaba, noswazi luka Tixo a lwehleli pezu kwabo.

10 Inkunzi yabo i ya zeka, a i peli amandhla; inkomazi yabo i ya zala, a i punzi.

11 Ba pumisa izingane zabo zi njengomhlambi, abantwana babo ba ya sina.

12 Ba hlabelele kakulu ngogubu negenkhle ba jabule ekuzwakaleni komtyingo.

13 Ba ya qeda imihla yabo ekutokozeni, ngomzuzwana ba tyona etuneni.

14 Ba tyo kuTixo, ukuti, Si yeke; a si tandi ukuzazi izindhlela zako.

15 uSomandhla u ini, ukuba si m konze, so zuzani uma si m kulekela na?

16 Bhekani, inhlanhla yabo a i ko esandhleni sabo; icebo laboni a li be kude nami.

17 Isibani sezoni si cinywa kangakanana! nokuciteka ku zehlela kangakanana! uTixo u zabela izinsizi ngokutukutela kwake!

18 Ba njengezibi ezi qutywa umoya, ba njengamakoba a xotywa isipepo na?

19 uTixo u ya kubekela abantwana bake ukuhlutywa kwake; u ya m vuza, naye u ya kukwazi.

20 Amehlo ake a ya kukubona ukuciteka kwake, u ya ku lu puza ulaka luka Somandhla.

21 U nakujabula kuni endhlini yake ngasemva kwake, loku izinyanga zake zi nqunyiwe?

22 U kona o ya kufundisa uTixo ukwazi na? loku u yena o ba hlulayo aba pakamileyo.

23 Omunye u gqabuka amandhla ake e sa pelele, e tokoza e nokutula.

24 Amabele ake e sa gcwele amasi, amatambo ake e se manzi umkantya.

25 Omunye u fa inhliziyo yake i nosizi e nga za nge a tokoze nakanye.

26 Ba ya kulala pansi emhlabeni bobabili, ba sityekelwe izimpetu.

27 Bhekani, ngi ya yazi imicabango yenu, namacebo enu e ni hlangene ngawo ukungicita.

28 Ni ti, I pi indhlu yekunzana na? A pi amadokodo ezoni na?

29 A ni ba buzanga ini abadhlulayo endhleleni? a ni kwazi ini ukupendula kwabo?

30 Ukuba izoni zi bekelwa usuku lokubujiswa? ba ya kukitywa ngosuku lolaka.

31 Ubani o ya kubonisa indhlela yake ebusweni bake na? Ubani o za ku m pindisela ngaloku a kwenzileyo na?

32 U ya kwehliselwa emangcwabeni, a hlale etuneni.

33 Amagabade a sesihlanjeni a ya kuba mnandi kuye, ba ya ku m landela bonke, njengokuba be nga balwa aba ngapambili.

34 Ni zamelani ukungiduduza ngeze na, loku impendulo yenu i amanga?

## ISAHLUKO 22.

KWA pendula uElifazi umTemani wa ti,

2 Umuntu u ya siza uTixo, njengoku-
ba e zisiza na?
3 Ku ya m tokozisa uSomandhla uku-
ba u lungile na? ku ya m siza ini ukuba
wenze izindhlela zako zi pelele na?
4 U ya ku kukuza ngenxa yokwesa-
ba na? u ya kukumangalela na, e teta
amacala?
5 Ukona kwako a ku ku kulu na? ne-
zono zako zi nge namkaulo na?
6 Ngoba u cindezele umfo wenu ngesi-
tembiso samanga, wapuca ompofu izi-
ngubo zake.
7 A u m puzisanga amanzi owomileyo,
nolambileyo wa m ncitya ukudhla.
8 O namandhla wa nqoba umhlaba;
no nobunene wa hlala kuwo.
9 U mukisile abafelokazi beze, nemi-
kono yezintandane yapulwa.
10 Ngako se u haqwe ugibe, nokwesa-
ba ku ya ku zuma;
11 Nobumnyama, ukuze u nga boni;
namanzi amaningi a ya ku sibekela.
12 uTixo kako ini ezulwini elipakeme-
yo? bhekake izinkanyezi zi pezulu ku-
de kangaka!
13 Wena u ti uTixo wazi kanjani na?
A nga hlula ini e semva kwamafu amny-
ama na?
14 Amafu a isisibekelo kuye, ka boni
yena; u ya hamba esiyingini sezulu.
15 U ya kugcina indhlela endala e ka-
de i hanjwa izoni na?
16 E za nqunywa ku nga ka bi isikati
sazo, isisekelo sazo sa kukulwa uza-
mcolo na?
17 E za ti kuTixo, Si yeke: uSoma-
ndhla wa e ngenzani kubo na?
18 Noko yena wa e gcwalisile izindhlu
zabo ngezibusiso, kepa amazwi abashi-
ngayo a kude nami.
19 Abalungileyo ba ya kubona, ba ja-
bule: naba nge nacala ba ba hleka usulu.
20 Impela aba izita zetu ba nqunyiwe,
nako konke okuseleyo kwabo ku qedwa
umlilo:
21 Funda ngaye u be nokutula, kona
u ya kwehlelwa okulungileyo.
22 Yamkela emlonyeni wake umteto,
u wa gcine amazwi ake enhliziyweni
yako.
23 Uma u pindela kuSomandhla, u
xotye ukona ku be kude nendhlu yako,
kona u ya kwakiwa.
24 U lahle igolide njengotuli, ne la se-
Ofire njengamatye a semfuleni.
25 uSomandhla u ya kuba imfuyo ya-
ko, u be neliningi isiliva.
26 Kona wo tokoza ngoSomandhla, u
pakamise ubuso kuTixo.
27 Wo kuleka kuye a kuzwe u feze izi-
fungo zako.
28 Noma u funa into u ya kuye-
nzelwa: ku ya kukanya ezindhleleni
zako.
29 Lapo abantu be zitoba, u ya kuti,
kubo, Ku kona ukupakanyiswa; yena
u ya kumsindisa o zitobayo.
30 Aba nge nacala u ya kubakulu-
la: ba kululwa ngobumhlope bezandhla
zake.

ISAHLUKO 23.

KONA u Jobe wa pendula wa ti,
2 Namhlanje ukusola kwami ku no-
sizi: isandhla esi kimina si ya sinda ku
nokububula kwami.
3 Kwa nga ngi ngazi ukuba ngi nga
m tolapi ukuba ngi finyelele na sesihla-
lweni sake.
4 Ngi nga lungisa indaba yami pambi
kwake, ngi gcwalise umlomo wami nga-
maci.
5 Ngi nga wazi amazwi a nga ngi
pendula ngawo, ngi zwe a nga kutyo
kimina.
6 U za ku ngi pikisa ngamandhla ake
amakulu na? ca, a nga ngi zwela.
7 Kona olungileyo a nga pikisana na-
ye, ngi kululwe kumahluli wami o ngu-
napakade.
8 Bheka, ngi ya pambili kodwa amuko
kona: na semva kodwa a ngi naku-
mbona.
9 Nga kwesokohlwa lapo e sebenza
kona a ngi nakumbona: u ya zifihla
nga kwesokunene ukuba ngi nga m
boni.
10 Ngokuba u ya yazi indhlela e ngi
hamba ngayo: lapo e se ngi hlolile ngi ya
ku vela njengegolide.
11 Unyawo lwami lu namatela ezinya-
telweni zake: indhela yake ngi yi gci-
nile, a ngi ka pambuki.
12 A ngi hlehlanga emyalweni we-
zindebe zake; ngenzile igugu amazwi
omlomo wake kakulu ku nokudhla kwa-
mi o ku ngi faneleyo.
13 Kodwa u into inye njalo; ubani o
nga m guqulayo na? Okufiswa umpe-
fumlo wake u ya kwenza.
14 Impela u ya kufeza oku ngi mise-
lweyo nokuningi oku nje ku kuye.
15 Ngako ngi ya tutumela ebusweni
bake, uma ngi qonda ngi ya nesaba.
16 uTixo u i dangalisile inhliziyo ya-
mi, uSomandhla u ya ngi hlupa.

17 Ngokuba a ngi iso isimungulu pa-
mbi kohlupo lwami napambi kwami
ngi sityekelwa ubumnyama obukulu.

## ISAHLUKO 24.

KU ngani loku izikati a zi fihlekile
kuSomandhla bona abamaziyo a ba
boni imihla yake na?
2 Ba kona a ba susayo imincele yezwe:
ba panga imihlambi, ba yalusa:
3 Ba quba injomane yezinkedama, ba
tata inkabi yomfelokazi i be isitembiso.
4 Abampofu ba ya ba kipa endhle-
leni: izihlupeki zomhlaba zi ya zituku-
sa ndawonye.
5 Bheka, ba ya emisebenzini yabo nje-
ngezinjomane za sendhle ehlane; be
vuka ekuseni ukufuna ukudhla, ubala
ku bona lu indawo yokudhla kwabo no-
kwabantwana babo.
6 Ba ya vuna ukudhla ensimini yezo-
ni, ba tokoze isivini sazo.
7 Abahambaze, ba ba lalisaze be nge
nangubo emakazeni.
8 Be manzi izihlambi za sezintabeni
ba ya sondela edwaleni, be funa indawo
yokupepela.
9 Ba ya kumula izintandane ebeleni:
ba tata okwabampofu ku be isitembiso.
10 Ba ba hambisaze abadingayo ba be-
twese izinyanda be lambile.
11 Abenza amafuta ezindhlini zabo:
ba nyatele iziqamo zevini zabo be hlupe-
ka ngokoma.
12 Abafayo ba semzini ba ya bubula
nompefumlo wabatyayiweyo u kale, no-
ko uTixo a ka naki ubuula babo.
13 Ba ilabo abahlubuka ekukanyeni,
a ba zazi izindhlela zako, a ba hlali na
semizileni yako.
14 Umbulali e vuka ngovivi u ya bu-
lala ompofu nodingayo, ebusuku u nje-
ngesela.
15 Iso lesipingi li qapela ukuswelela,
si ti a ngi yi kubonwa iso; si zimboza
ubuso baso.
16 Ebumnyameni ba ya fohla izindhlu
bona ba ya zivalela emini, a ba kwazi
ukukanya.
17 Ukusa kubo bonke ku itunzi loku-
fa; uma baziwa, behlelwa ukwesaba
ubumnyama bokufa.
18 Ebusweni bamanzi u lula, emhla-
beni si tukiwe isabelo sabo, a ka buyeli
endhleleni yezivini.
19 Ukoma nokufudumala ku ya ku-
kula amanzi ka ngqoqwane, li njalo ne-
tuna kwaba izoni.
20 Isisu si ya ku kohlwa uye, izimpetu
zi mu dhle kamnandi a sa yi kukunju-
lwa njalo ububi bu ya kwapuka njengo-
muti.
21 Yena o wa ye hlupa inyumba e
nga zaliyo, o ngenzanga okuhle kumfe-
lokazi.
22 U ya bulala namaqawe ngamandhla
ake, u yesuka, a nga bi ko o temba uku-
pila.
23 U ya vunyelwa ukuba a hlale kahle,
a qine kuko, noko amehlo ake a pezu
kwezindhlela zabo.
24 Ba ya pakanyiswa isikatyana nje,
ba buye ba pele ba totyiswe, ba bube nje-
ngabo bonke abanye, ba ya nqunywa
njengezihloko zezikwebu zamabele.
25 Uma ku nge njalo kaloku; ubani o
nga ngi tyaya o namanga nenshumayelo
yami i be ize na?

## ISAHLUKO 25.

KONA kwa pendula uBildade umShui,
wa ti,
2 Ukubusa, nokwesatywa ku kuye,
wenza ukutula ezindaweni zake ezipa-
kamileyo.
3 Amabandhla ake a nga balwa na?
Ubani o nga kanyiswa ukukanya kwa-
ke na?
4 Poke, umuntu ku nga tiwa u lungile
kanjani kuTixo na? A nga ba m hlope
kanjani, yena o zelwe umfazi na?
5 Bheka, nenyanga a i kanyi: yebo,
izinkanyezi a zi m hlope emehlweni ake.
6 Ku ncinyane kangakananike umu-
ntu o impetu, nendodana yomuntu o
impetu?

## ISAHLUKO 26.

KEPA uJobe wa pendula, wa ti,
2 U m sizile kanjani o nge nama-
ndhla na? U yi sindisa kanjani, ingalo
i nge namandhla na?
3 U m yalile kanjani, o nge nakwazi
na? U li pimisile kanjani iqiniso lenda-
ba na?
4 U wa shumayele kubani amazwi
na? Umoya kabani o pume kuwe na?
5 Izitunzi zabafayo ezi pansi kwama-
nzi zi ya tutumela nabake kona.
6 Ihaidesi li vulekile pambi kwake,
nendawo yokubujiswa a i nasisibekelo.
7 Welula izulu la senyakato pezu kwe-
ze, u panyeka umhlaba ezeni.
8 U ya bopa amanzi emafwini ake;
namafu a ka hlukani pansi kwawo.
9 U ya fihla isihlalo sake sokubusa, u
yeneka ifu lake pezu kwaso.

10 U biyele amanzi, ku ze ku pele
imini, nobusuku.
11 Izinsika zezulu zi ya tutumela, zi-
mangale ngokuteta kwake.
12 U ya vusa ulwandhle ngamandhla
ake, na ngokuqonda kwake u ya nquma
abaziqenyayo.
13 Ngomoya wake izulu li ya kazimu-
la, isandhla sake si bumbile inyoka ezi
pindayo.
14 Bhekake loku ku izinxenyana nje
zezindhlela zake, ku zwakala ukunye-
nyeza okuncinyane kwake, kodwa udu-
mo lwamandhla ake ubani o nga lu
qondayo na?

## ISAHLUKO 27.

UJOBE welekela inshumayelo yake,
wa ti,
2 uTixo o kona, o susile indaba yami,
noSomandhla, o hlupile umoya wami;
3 Umoya wami u se kona pakati kwa-
mi ku ze ku be kaloku, nomoya ka Tixo
u semakaleni ami;
4 Izindebe zami a zi yi kushuma-
yela okubi, nolimi lwami a lu yi kuko-
hlisa.
5 Ma ku be kude nami ukuba ngi vu-
me ukuti ni lungile; ngo ze ngi fe,
ngi nga lahlanga ukulunga kwami.
6 Ukulunga kwami ngi ku bambisi-
sile, a ngi vumi uku ku yeka; inhli-
ziyo yami a i yi ku ngi sola, ngi se
kona.
7 Isita sami ma si be njengesoni, no-
ngivukeleyo a be njengongalungile.
8 Ngokuba itemba lomzenzisi li ini,
lapo e se nqunywa, lapo uTixo e se kipa
umpefumlo wake.
9 uTixo wo kuzwa, ukukala kwake
lapo e se hlelwe ukuhlupeka na?
10 Wo kwenama ngoSomandhla na?
Wo m kulekela kuTixo njalo na?
11 Ngo ni fundisa ngesandhla sika-
Tixo loku oku kuye umNinimandhla, a
ngi yi kukufihla.
12 Bhekani nina nonke, ni ku bonile;
po nina ni ziqenyelani?
13 Loku ku isabelo e sahlukaniselwa
isoni, uTixo, nefa labahlupa abanye, aba
ya kulamkela kumninimandhla.
14 Uma abantwana bake banda, ba-
ndela inkemba: inzalo yake a i yi kwe-
suta isinkwa.
15 Laba aba salayo ba ya kumbe-
lwa ukufa: abafelokazi bake ba nga m
kaleli.
16 Noma e buta isiliva li be nga-
ngotuli, a lungise izingubo zi be nga
ngenhlabati.
17 Noko e zi lungisa zi ya kufakwa
abalungileyo; aba ngenacala ba lahlu-
kanise isiliva.
18 U yaka indhlu yake njengenyu-
ndu, na njengexiba elakiwa umlindi.
19 Isicebi so lala pansi, kodwa a si yi
kubutwa: si vula amehlo aso si pele.
20 Ukwesaba ku ya m fikela njenga-
manzi, isivunguvungu si ya m susa
ebusuku.
21 Umoya wa sempumalanga u ya m
tata a nyamalale: u m kukule endawe-
ni yake, njengesipepo.
22 uTixo u ya kumtyaya, a nga m
yeki: wo fisa ukubalekela isandhla
sake.
23 Abantu ba ya kumtyayela izandhla
zabo, ba m xotye endaweni yake.

## ISAHLUKO 28.

IMPELA ku kona umtapo wesiliva ne-
ndawo yegolide aba li lungisayo.
2 Insimbi i kitywa emhlabatini nama-
tye a veza itusi.
3 U ya nqamula ubumnyama u ya fu-
nisisa inxa zonke: amatye obumnya-
ma, netunzi lokufa.
4 U yemba umgodi kude namakaya
abantu ezindhleleni e se za kohlwa
unyawo, ba ya lengalenga kude na-
bantu.
5 Umhlaba u veza ukudhla: ngapa-
kati kwawo ku guqulelwe ku ngati
umlilo.
6 Ematyeni awo ku vela isafire; notu-
li lwegolide.
7 Ku kona indhlela e ngaziwa nyoni,
e nga bonwanga iso lenqe.
8 Amazinyane engonyama a za nge e i
nyatela, nengonyama esabekayo e nga
za nge i dhlule ngayo.
9 U yelulela isandhla sake etyeni; a
gumbuqele izintaba ngezimpande zazo.
10 U ya bobosa ematyeni; iso lake li
bone konke okuhle.
11 U ya vimbela amanzi a vuzayo a
nga dhluli: okufihliweyo u ya kuveza
obala.
12 Ingqondo i ya ku tolwapi na? Ipi
indawo yokuhlakanipa?
13 Umuntu ka yazi intengo ngako; a
ku tolakali ezweni labapilayo.
14 Ukujula ku ti, A ku ko kimi: no-
lwandhle lu ti, A ngi nako kimina.
15 Ku nge zuzwe ngegolide, nesiliva a
li nakulinganiswa nentengo yako.

16 Ku nge bekelane negolide la seOfi-
re, nesadoniki eli igugu nesafeiro.
17 Igolide nekrustalo li nge lingane
nako; ku nge pambaniswe amatye ne-
ngolide elihle.
18 Ku nge kulunywe ngekorali na-
maparele: intengo yokuqonda i dhlula
amarubi.
19 Itopazi la seKushi li nge lingane
nako, ku nge bekelane negolide elihle.
20 Po, ingqondo i velapi na, i pi inda-
wo yokuhlakanipa na?
21 Loku ku fihliwe emehlweni abo
bonke aba pilayo, ku tukuswe ezinyo-
nini zezulu.
22 Ukubujiswa nokufa ku ti, Si lu
zwile udumo lwako ngezindhlebe zetu.
23 uTixo u ya yazi indhlela yako, ye-
na u ya yazi nendawo yako.
24 Ngokuba u ya bheka imikaulo
yomhlaba a bone konke ngapansi kwe-
zulu.
25 Ukuba a linganise umoya namanzi
ngesilinganiso:
26 Lapo wa misela imvula umteto, ne-
ndhlela yonyazi lokuduma.
27 Kona wa ku bona wa ku veza, wa
ku hlola.
28 Ebantwini wa ti, Bhekani uku-
mesaba uTixo, ku ukuhlakanipa: noku-
dela izono, ku ingqondo.

## ISAHLUKO 29.

UJOBE welekela inshumayelo yake,
wa ti,
2 Sengati nga ngi njenga sezinyangeni
ezadhlulayo njengasemihleni lapo nga
gcinwa uTixo.
3 Lapo isibani sake sa kanya pezu
kwekanda lami, lapo ngokukanya nga
hamba ebumnyameni;
4 Njengokuba kwa ku njalo ngi sezi-
nsukwini zokuvutwa kwami lapo okufi-
hliweyo kuka Tixo kwa ku pezu kwedo-
kodo lami;
5 Lapo umNinimandhla wa be e se na-
mi, nabantwana bami be sa ngi zungeza.
6 Lapo nga geza izindhlela zami ngo-
bisi, itye la ngi telela imifula yamafuta.
7 Lapo nga puma nga ya esangweni
la semuzini nga lungisa isihlalo sami
endaweni yokutenga.
8 Kona izinsizwa za ngi bona, za hlo-
nipa: abadala besuka bema:
9 Amakosazana a yeka ukukuluma, a
beka izandhla emilonyeni yawo.
10 Izinduna za tula, izilimi zazo za na-
matela ezimbovwini zazo.
11 Lapo indhlebe ya ngi zwa, ya ngi
busisa: nalapo iso la ngi bona la ngi
babaza.
12 Ngokuba nga m kulula ompofu
okalayo, nentandane e nge namuntu wo-
kuyisiza.
13 Ukubonga kwake o be sekufeni be
kwehlela pezu kwami, ngenza inhliziyo
yomfelokazi i jabule kakulu.
14 Nga faka ukulunga, kwa ba kimi:
ukwahlula kwami kwa ku ingubo no-
mqele.
15 Nga ngi amehlo ezimpumputeni,
nga ngi izinyawo kwa ba xugayo.
16 Nga ngi uyise wabampofu, indaba
e ngi nga i qondiyo, nga yi hlolisisa.
17 Nga pula imihlati yowonayo, nga
kipa a ku ntyontyayo emazinyweni
ake.
18 Kona nga ti, ngi za kufa esidhleke-
ni sami konje, ngi ya ku yandisa imihla
yami i be nga ngesihlabati.
19 Impande yami ya xantela ngasema-
nzini, amazolo a lala ebusuku bonke
emagatyeni ami.
20 Ukukanya kwami kwa ku se ku-
tya kimi: umcibityelo wami wenziwa
ngokutya esandhleni sami.
21 Abantu ba ngi lalela ba ngi linda,
ba lalela ukutyo kwami ngokutula.
22 Ngasemva kwamazwi ami, a ba bo-
nanga be kuluma futi: amazwi ami a
consela pezu kwabo.
23 Ba ngi hlalela njengemvula: ba
ngi kamisela imilomo yabo njengemvu-
la yokugcina.
24 Uma ngi ba hlekela ba be nga ko-
lwa: a ba bu delanga ubuso bami:
25 Nga hlala ngokujabula pakati
kwabo, nga hlalisa o kwenkosi, nga
hlalisa o kwenkosi i semabutweni ayo,
njengoduduza abalilayo.

## ISAHLUKO 30.

KEPA kaloku laba abancane ku nami
ba ngi hleka usulu, oyise babo e nga
ngi nga ba dedela, ukuba ba hlale nezi-
nja zomhlambi wami.
2 Yebo, amandhla ezandhla zabo a
nga ngi siza ngani, loku ukuvutwa kwa-
bo se ku pelile.
3 Ngenxa yokuswela nendhlala ba be
lamba: ba balekele ehlane e kade li nga
naluto li ze.
4 Baka imifino ezihlahleni bemba
impande yejunipa i be ukudhla kwabo.
5 Ba xotywa ebantwini, ba ba kalela
njengamasela.

6 Ba hlale emaweni ezigodl, emihume-
ni yomhlaba na sematyeni.
7 Ezihlahleni ba ya konya; ngapansi
kwameva ba ya fumbalala.
8 Abantwana beziula, amadodana ama-
shinga a ya xotywa ezweni.
9 Kepa kaloku se ngi isihlabelelo sabo,
yebo, se ngi yisaga sabo.
10 Ba ya ngi dela ba ngi balekele, ba
fele amate ebusweni bami.
11 Ngoba u kumulile intambo yami, u
ngi hlupile, nabo ba kumulile umkala
pambili kwami.
12 Esandhleni sami sokunene ku
suka izinsizwa zi qube izinyawo zami,
ngi zi vusela izindhlela zazo zokuci-
teka.
13 Ba yona indhlela yami, ba veze
obala inhlupo yami, a ba namsizi.
14 Ba ngehlele njengempopomo ya-
manzi; ngi ngedwa, ba ziponsa pezu
kwami.
15 Ukwesaba ku ya ngi cita: ku ya
landela umpefumlo wami njengomoya:
ukuhlala kahle kwami ku ya dhlula
njengefu.
16 Umpefumlo wami u citekele pa-
kati kwami: imihla yosizi i ngi bambi-
sisile.
17 Amatambo ami a ya ngi hlaba
ebusuku, imisipa yami a i pumuli
ndawo.
18 Ngamandhla amakulu esifo sami,
ingubo yami yonakele: i ngi bopa nje-
ngokala webantyi lami.
19 U ngi ponsile odakeni, ngi ze ngi
fana notuli nomlota.
20 Ngi ku kalela, ka u zwa; ngi yesu-
ka, a u ngi naki.
21 U su ngi pata kabi: ngesandhla
sako samandhla u ya ngi vimbezela.
22 U ya ngi pakamisa ngasemoyeni;
u ya ngi kwelisa kuwo, u ya cita
okwami.
23 Ngi yazi u ya ku ngehlisa ekufeni
endhlini e miselwe bonke abapilileyo.
24 Yebo ukutandaza ku ize, uma e se-
lula isandhla sake, nokukala a ku sizi
luto ekuciteni kwake.
25 A ngi m kalelanga ini, yena o
sekuhlupekeni na? Umpefumlo wami
a u kalelanga ompofu na?
26 Lapo nga bhekela okulungileyo,
okubi kwa ngehlela: lapo nga hlalela
ukukanya, kwa vela ubumnyama.
27 Amatumbu ami a ya xuxuzela e nge
nakutula; imihla yenhlupeko ya ngi
pangela.
28 Nga hamba ngi mnyama ngi ngenzi-
we ilanga: ngema nga kala ebandhleni,
ngi ti,
29 Ngi ngumfo wamankentyane, ngi
umgane wezintye.
30 Isikumba sami si mnyama pezu
kwami, amatambo ami a tyiswa umlilo.
31 Ugumbu lwami o lokulila, nege-
nkhle lami li izwi labalilayo.

## ISAHLUKO 31.

NGENZA isivumelwano namehlo ami:
po, ngi nga cabangelani ngentombi
na?
2 Ngokuba isipo sini sika Tixo esi
vela pezulu? ifa lini lika Somandhla eli
vela ezulwini na?
3 Ukuciteka asiko o kwabashingayo
na? nomvuzo omubi kwa benza okubi
na?
4 A ka boni ini izindhlela zami? a
ka bali izindhlela zami zonke na?
5 Uma nga hamba ngokuzidhla, uma
unyawo lwami lwa qonda enkohli-
sweni.
6 Ma ngi linganiswe esilinganisweni
esilungileyo, ukuba uTixo azi ukuqonda
kwami.
7 Uma ngeduka endhleleni, inhliziyo
yami ya landela amehlo ami, uma ku
kona insila ezandhleni zami;
8 Kona ma ngi hlwanyele mina ku
dhle omunye, yebo ukudhla kwami ku
qedwe.
9 Uma inhliziyo yami ya dukiswa
umfazi, uma nga catya emnyango we-
ndhlu yomakelwane wami;
10 Kona umkami ma silele enye indo-
da, ku kotame abanye pezu kwake.
11 Ngokuba loku ku icala elikulu: ye-
bo, ku isono sokutetwa abahluli.
12 Ku umlilo o tyisayo ku ze ku pele
u qede okwami konke.
13 Uma ngi dela indaba yenceku ya-
mi, neyencekukazi yami, lapo be piki-
sana nami.
14 Ngi ya kwenze njani, lapo ngi vuke-
lwa uTixo na? nalapo eze kimi ngo m
pendula ngi tini?
15 O wa ngi dala esiswini, a ka m da-
langa yena na? a si dalwanga yini uye
emunye na?
16 Uma nga m nqabela ompofu loku a
ku fisayo ngenza amehlo omfelokazi a
fipale;
17 Uma nga dhla ukudhla kwami
ngedwa nje, nentandane i nga ku dhla-
nga.

18 Loku wa kulela kimi ngi se mncane
nga ba umholi wake se loku wa zalwa,
19 Uma nga bona omunye e fa ngo-
kuswela izingubo nompofu e swele a
kwembatayo.
20 Uma ukalo lwake lu nga ngi busi-
sanga, noma e nga fudunyezwanga ubo-
ya bezimvu zami;
21 Uma nga pakamisa isandhla sami
kwabangenayise, lapo nga bona ongisi-
zayo esangweni.
22 Kona ingalo yami ma i we esipa-
ngeni sami yapuke etanjeni.
23 Ngokuba ukucitwa uTixo ku yesa-
beka kimi, na nga pambi kwabakulu ba-
ke a ngi nakuma.
24 Uma ngenza igolide la ba itemba
lami, nga ti egolideni elihle, Wena u
itemba lami;
25 Uma nga jabula ngokuba nga be
ngi cebile kakulu, ngokuba isandhla sa-
mi sa si zuzile kakulu;
26 Uma nga bona ilanga li balele, ne-
nyanga i hamba i kanya;
27 Nenhliziyo yami ya yengwa isita,
nomlomo wami wanga isandhla sami;
28 Naloku futi ku isono sokulahlwa
abateti bamacala: ngokuba nga ku be
nga pika uTixo o pezulu.
29 Uma nga jabula lapo o ngi zo-
ndayo e citeka, ngi zidhla lapo ahlulwa
okubi:
30 A ngi u vumelanga umlomo wami
ukuba wone, a nga fisa ukuba umpefu-
mlo wake, u tukwe.
31 Uma abantu bedokodo lami be nga
tyongo ukuti, u pi o nge sutanga inyama
yake na?
32 O wezizwe a lalanga emgwaqweni;
nga vulela isihambi iminyango yami,
33 Uma nga sibekela izono zami nje-
ngoAdamu ngokutukusa esifubeni sami;
ukona kwami.
34 Ngokuba ngesaba isixuku esikulu
kuko ngetuswa ukudelwa abantu, nga
tuta, a nga puma emnyango.
35 Sengati ku kona o nga ngi zwayo
ngi fisa ukuba umNinimandhla a ngi
pendule, sengati isita sami sa si nga loba
incwadi.
36 Impela nga ngi nga yi twala ema-
hlombe ngi yi bopele ekanda lami nje-
ngomqele.
37 Ngi nga m tyela ubuningi bezi-
ndhlela zami, njengenkosi ngi sondele
kuye.
38 Uma izwe la kiti li kala ngami, no-
ma imidwa yalo i sola.
39 Uma nga dhla izitelo zalo, ngi nge
namali, nga bulala abaninilo.
40 Ma ka hlume ameva endaweni ya-
mabele, nokula lu vele endaweni yeba-
rle. Amazwi ka Jobe a pelile.

## ISAHLUKO 32.

KONA lamadoda amatatu a yeka uku
m pendula uJobe, ngokuba wa e
nge nacala emehlweni ake.
2 Kona ulaka luka Elihu, indodana
ka Barakeli o wenzalo ka Ramu, umBu-
zi lwa vuta ulaka lwake lwa vuka ngo-
Jobe ngokuba wa ti ngi lungile pambi
kuka Tixo.
3 Na ngayo imihlobo yake emitatu, lwa
vuka ulaka lwake, ngokuba ba be nga to-
langa mpendulo, noko ba m lahla uJobe.
4 Kepa uElihu wa be e lindile uJobe e
sa kuluma ngokuba ba be badala ku-
naye.
5 Lapo uElihu e bona ukuba a yiko
impendulo emlonyeni wa lamadoda ama-
tatu, ulaka lwake lwa vuka.
6 uElihu indodana ka Barakeli umBu-
zi wa pendula, wa ti, Mina ngi se mtya
nina ni badala kakulu; ngako ngesaba
a nga ni bonisa imicabango yami.
7 Nga ti a ku kulume Izinsuku, nobu-
ningi beminyaka bu fundise ukuhlaka-
nipa.
8 Kepa ku kona umoya kumuntu no-
kupefumla kuka Somandhla ku ya ba
pa ukuqonda.
9 Amadoda amakulu a ka hlakanipi
ngesikati sonke nabadala a ba qondi
ukwahlula,
10 Ngako nga ti, Lalelani kimi, ngo ni
bonisa ukucabanga.
11 Bhekani, nga linda amazwi enu;
nga qapela ukushumayela kwenu, ni sa
funa amazwi okupendula.
12 Yebo, nga ni lalela, kepa bheka
kwa ku ngeko kini namunye o wa ma-
hlula uJobe, no wa pendula amazwi ake:
13 Funa ni ti, si tolile ukwazi; uTixo
o m citileyo a siye umuntu.
14 Ngokuba a wa lungiselanga mina
amazwi ake: nami a ngi yi kumpendula
ngamazwi enu.
15 Ba mangala a ba be be sa pendula,
amazwi a baleka kubo.
16 Ngi ba linde ngokuba be nga kulu-
mi na? beme ba tule?
17 Nga ti, nami ngi ya kupendula
okwami, ngi bonise okwami ukuqonda:
18 Ngokuba ngi gcwele indaba, umoya
pakati kwami u ya ngi quba.

19 Bheka, isisu sami si njengewaini,
eli nge nandawo yokupuma; Se si lu-
ngele ukuquma njengamagaba amatya.
20 Ngi ya kukuluma ukuba ngi pefu-
mle ngi ya kukamisa umlomo ngi pe-
ndule.
21 Ma ngi nga keti isimo somuntu ngi
ya ni ncenga, ngi nga qambi abantu
amagama okuba binqa.
22 A ngi kwazi ukuqamba amagama
okubinqa: ngokwenze njalo, umenzi
wami a nga ngi susa masinyane.

## ISAHLUKO 33.

NGAKO Jobe a ke u zwe ukushuma-
yela kwami, u lalele onke amazwi
ami.
2 Bheka se ngi kamisile umlomo wami
ulimi lu shumayele emlonyeni wami.
3 Amazwi ami a ukuqonda kwenhli-
ziyo yami izindebe zami zi pumise
ukwazi kahle.
4 Umoya ka Tixo u ngenzile, nokupe-
fumla kuka Somandhla ku ngi pilisile.
5 Uma u nako uku ngi pendula, hlela
amazwi ako pambi kwami, u me.
6 Bheka mina ngi njengawe, ngi ngo
ka Tixo: nami u ngi dalile ngodaka.
7 Bheka, ukwesabeka kwami a ku yi
kwetusa, nesandhla sami si nga ku ci-
ndezeli.
8 Impela u kulumile ezindhlebeni za-
mi, ngezwa ukutyo kwamazwi ako, u ti,
9 Ngi mhlope, a ngi nababi, ngi lungi-
le, a kuko ukona kimi.
10 Bheka, u funa ituba lokungisola, u
ngi bala u ti ngi isita sake.
11 U ya zi faka izinyawo zami ezingo-
ngolweni, a qapele izindhlela zonke
zami.
12 Bheka ku loku a u lungile: ngi za
ku kupendula ukuba, uTixo mkulu ku
nomuntu.
13 U m pikiselani na? a ka bonakalisi
nanye yezindaba zake.
14 uTixo u ya kuluma kanye, na ka-
bili, noko umuntu e nge zwa.
15 Ekupupeni, esibonakalisweni sobu-
suku, lapo umuntu ehlelwe ubutongo, e
lele embedeni wake.
16 Kona u ya vula izindhlebe zabantu,
a vale isifundiso sabo.
17 Ukuba a nqande umuntu ekwenze-
ni kwake, a tukuse ukuzidhla kumu-
ntu.
18 Ukugcina umoya wake u nga yi
emgodini, nokupila kwake ekubujisweni
inkemba.
19 U hlutywa ubuhlunga embedeni
wake, namatambo ake a qaqamba ka-
kulu.
20 Ngako ukupila kwake ku ya ne-
ngwa isinkwa, nomoya wake u zonda
ukudhla okumnandi.
21 Umzimba wake u ya pela, u nga be
u sa bonakala: namatambo ake a e nga
bonakali a se vele obala.
22 Yebo, umpefumlo wake u sondela
etuneni, nokupila kwake kubabubisi.
23 Uma ku kona isitunywa naye, no-
mmeli, nomunye enkulungwaneni, uku-
bonisa umuntu ukulunga kwake.
24 Kona e nomusa kuye, u ti, Wo m
kulula, a ngehleli emgodini: ngi fume-
ne umhlauleli.
25 Umzimba wake wo ba muhle ku
nowomntwana: u ya kupindela emihle-
ni yobutya bake:
26 U ya kukuleka kuTixo a be nomu-
sa kuye: a bonise ubuso bake ngokuja-
bula: u ya kubuyisela kumuntu ukulu-
nga kwake.
27 U ya bheka abantu; uma ku kona
o ti, Ngonile, ngeduka kokulungileyo, a
ku ngi sizi luto;
28 U ya kukulula umpefumlo wake,
u nga ngeni emgodini; nokupila kwake
ku ya kubona ukukanya.
29 Bheka konke loku uTixo a ku sebe-
nza kumuntu kaningi.
30 Ukuze a buyise umpefumlo wake
emgodini, ukuba a kanyiswe ukukanya
kopilayo.
31 Qapela Jobe, u ngi zwe: tula u ti
du, ngi za ku shumayela.
32 Uma u namazwi wo ngi pendula:
kuluma ngokuba ngi fisa ukukutetelela.
33 Uma u nge nawo, lalelake: tula u
ti du, kona ngo ku fundisa ukwazi.

## ISAHLUKO 34.

UELIHU wa pendula, wa ti,
2 Yizwani amazwi ami, nina ba-
hlakanipileyo; lalelani ngezindhlebe ze-
nu, nina e ni nokwazi,
3 Ngokuba indhlebe i ya hlukanisa
amazwi, njengokuba umlomo u zwa
ukudhla.
4 Ma si ziketele ukwahlula; ma si
kwazi pakati kwetu okulungileyo.
5 Ngokuba uJobe u tyilo ukuti, Mina
ngi lungile: uTixo u ngi susele ukwa-
hlula kwami.
6 Ku ngi fanele ini ukuziqambela
amanga? inxeba lami a li nakupola ku
ngeko icala.

7 U pi umuntu o fana noJobe, o puza ukudelela njengamanzi.

8 O hamba ndawonye nabenza okubi, nojayelene namashinga.

9 Ngokuba u tyilo ukuti, a ku sizi luto ukuba umuntu a zitokozise ngoTixo.

10 Ngako ngi laleleni nina bantu bengqondo: a ku be kude noTixo ukuba enze kabi, na kumNinimandhla, ukuba enze isono.

11 Ngokuba u ya kubuyisela umuntu imisebenzi yake, abantu bonke ba zuze ku be ilowo njengezindhlela zake.

12 Yebo, impela uTixo a yi kona, noSomandhla a yi kwedusa ukwahlula.

13 Ubani o m nikile umhlaba ukuba a u linde na? Ubani o misile umhlaba wonke na?

14 Uma e beka inhliziyo yake kumuntu, uma e zibutela umoya wake nompefumlo wake;

15 Inyama yonke i ya kububa kanyekanye, umuntu a peuduke utuli.

16 Uma u nengqondo, yizwa loku: u lalele ukutyo kwamazwi ami.

17 O zondayo okulungileyo u ya kubusa na? U ya ku m lahla olungileyo na?

18 Ku fanele ini ukuti enkosini, wena u mubi? nakumakosana ukuti nina ni ya m dela uTixo?

19 Po ku ncane kanjani kuyena o nga nakiyo imizimba yamakosana, no nga ketiyo abacebileyo ku nabafokazana na? ngokuba bonke ba umsebenzi wezandhla zake.

20 Ba za kufa ngesikatyana, abantu ba za kuhlutywa ebusuku, ba nyamalale: no namandhla u ya kususwa si ngeko isandhla.

21 Ngokuba amehlo ake a qapele izindhlela zomuntu, u ya bona ukuhamba konke kwake.

22 Akuko ubumnyama aliko netunzi lokufa, lapo abenza okubi be nga catya kona.

23 Ngokuba ka yi kubeka pezu komuntu o ku nga m faneli; ukuba a ngene ekwahluleni noTixo.

24 U ya kuqoboza amadoda amakulu, e nga hlolanga, a beke abanye ezindaweni zawo.

25 Ngako u yazi imisebenzi yawo, u ya gumbuqela ebusuku, a ze a pelenya.

26 U ya ba tyaya njengaboni emehlweni abanye;

27 Ngokuba ba pindela emva, ba m shiya, ba nqabe ukugcina ezindhlela zake.

28 Ba ze benze ukukala kompofu ku m fikele; u yezwa ukukala kohlupekayo.

29 Lapo e nika ukutokoza, ubani o ngahlupa na? Lapo e tukusa ubuso bake ubani o nga m bona? noma ku isizwe noma umuntu nje.

30 A nga busi o zenzisayo, funa abantu ba cutywe.

31 Impela kuhle ku tyiwo kuTixo, ukuti, mina ngi zwile ukuhlupeka, a ngi sa yi kona.

32 Loku e ngi nga ku boniyo, wo ngi fundisa kona: uma ngonile a ngi sa yi kupinda, ngone.

33 Ku fanele ini ku be njengokufisa kwako na? Yena u ya ku kupindisela, noma wena wala ukuketa; a si mina; ngako kuluma o kwaziyo.

34 Abanokwazi ma ba ngi tyele, umuntu ohlakanipileyo ma ngi zwe.

35 uJobe u kulumile e nge nakwazi, amazwi ake a be nge nangqondo.

36 Ngi fisa mina ukuba uJobe a buzwe, ku ze ku be sekupeleni, ngenxa yaloko a ku pendulayo ngamadoda amabi.

37 Ngoba u yenezela ukona ezonweni zake, u tyaya izandhla pakati kwetu, andise amazwi ake kuTixo.

## ISAHLUKO 35.

UELIHU wa kuluma futi, wa ti,

2 U cabanga u ti kuhle loku okutyiloyo ukuti, ukulunga kwami ku dhlula ukulunga kukaTixo na?

3 Ngokuba u te, Ku ya ku ngi sizani na? ngi ya ku zuzani noma icala lami li suswa kimi na?

4 Ngi ya ku kupendula kanye nabangane bako.

5 Bheka izulu, u bone; qapela namafu a pezulu ku nawe.

6 Uma wona u mona ngani yena na? Noma izono zako zanda, wenzani kuye na?

7 Uma u lungile u m nikani na? wamkelani esandhleni sako na?

8 Ukona kwako ku nga m limaza umuntu o njengawe: nokulunga kwako ku nga m siza umntwana womuntu?

9 Ngenxa yobuningi bezinsizi, zenza abahlutywayo ba kale; ba kala ngenxa yengalo yonamandhla.

10 Kepa amuko o tyoyo ukuti u pi yena uTixo umenzi wami, o payo amagama ebusuku;

11 O si fundisayo kakulu ku nezilwa-

ne zomhlaba, no senza si hlakanipe ku
nezinyoni zezulu.
12 Lapo be kala, ka muko o pendulayo,
ngenxa yokuzidhla kwabantu ababi.
13 Impela uTixo a yi ku li zwa ize, no-
mNinimandhla a yi ku kunaka.
14 Noma u ti a u yi ku m bona, ukwa-
hlula ku pambi kwake noko; ngako te-
mba kuye.
15 Kepa kaloku, ngoba a ku njalo, u
bhekile olakeni lwake; kepa azi yena,
nokuba u cindezekile.
16 Ngako Jobe u se kamisele ize; u
yandisa amazwi a nge nangqondo.

## ISAHLUKO 36.

UELIHU wa quba, wa ti,
2 Ngi yeke ingcosana ngi ze ngi ku
bonise ukuba ngi se za ku m kulumela
uTixo.
3 Ngi za kukuleta kude ukwazi kwa-
mi, ngi ti uMenzi wami u lungile.
4 Ngokuba impela amazwi ami a zu
kuba amanga: opeleleyo ekwazini u pa-
mbi kwako.
5 Bheka, uTixo mkulu, ka deli umu-
ntu; mkulu emandhleni na sengqo-
ndweni.
6 A ka m sindisi o ishinga: u ya ba
pa abampofu okulungileyo.
7 A wa susi amehlo ake kwabalungi-
leyo: kepa amakosi a sesihlalweni sobu-
kosi; u ya wa misa ku ze ku be pakade;
ukuba a pakanyiswe:
8 Uma e botywa ngensimbi: uma e ba-
njwa izibopo zokuhlupeka;
9 Kona u ya wa bonisa imisebenzi ya-
wo, nezono zawo, ukuba a m eyisile.
10 U ya vula izindhlebe zawo, ekulu-
lekweni a wa yale ukuba a buye ekoneni.
11 Uma e lalela, e m konza a ya ku-
hamba imihla yonke yawo, e jabula, e
tokoza yonke iminyaka yawo.
12 Kepa uma e nga laleli, a ya ku qe-
dwa inkemba, a ya kufa e nge nakwazi.
13 Kepa abazenzisayo ezinhliziyweni,
ba qongelela ulaka: a ba kali lapo e ba
bopile.
14 Ba fa be se batya, imihla yabo i
kwabancolileyo:
15 U ya m kulula ompofu ekuhlupe-
keni kwake; a vule izindhlebe zabo
ekucindezelweni.
16 Nawe nga e ku susile kanjalo
engcingweni, wa ku hlalisa endaweni e
banzi, lapo bu ngeko ubuncane: noku
nga bekwa etebuleni lako ku nga nona.
17 Kepa uma u gcwalisile ingqondo
yesoni; kona ukwahlula nokuhlutywa
ku ya kukubamba.
18 Ngokuba ukutyisa kobuhlungu nga
ku nga kwedusi ngobukulu bako, no-
hlaulelo olukulu lu nge ku kulule.
19 U ya ku bu naka ubucebi bako na?
cabo, negolide, nobukulu bamandhla ako
onke.
20 U nga fisi ubusuku lapo abantu be
suswa ezindaweni zabo.
21 Hlakanipa, u nga naki okubi, ngo-
kuba loku u ku ketile ku nokuhlupeka.
22 Bheka, uTixo u ya zipakamisa nga-
mandhla ake: ubani o fundisayo nje-
ngaye na?
23 Ubani o m misele indhlela yake?
ubani o nga tyo ukuti wena wenzile
okubi na?
24 Kumbula u kulise umsebenzi wake,
a ba u bonayo abantu.
25 Abantu bonke ba nga ku bona; ba
nga ku bona be kude.
26 Bheka, uTixo mkulu, a si mazi, no-
buningi beminyaka yake bu nge tyiwo.
27 U ya wenyusa amatonsi amanzi: a
buye a nise imvula njengenkungu yawo.
28 E yehliswa amafu a i tele pezu kwa-
bantu ngamandhla.
29 Yebo u kona o nga qonda ukwe-
ndhlaleka kwamafu, nomsindo omkulu
wedokodo lake.
30 Bheka, u ya zihaqa ngokukanya, a
zisibekele ngamanzi olwandhle.
31 Ngawo u ya hlula abantu; u ya pa
ukudhla okuningi.
32 U ya sibekela ukukanya ngezandhla
zombili, u ya kuyala ku nga kanyi, nge-
fu eli vela pakati.
33 Udumo lwake lu ya zisa ngaye ne-
zinkomo futi ukwenyuka kwake.

## ISAHLUKO 37.

NGENXA yaloku inhliziyo yami i ya
tutumela, i suke endaweni yayo.
2 Yizwa, zwisisa umsindo wezwi lake,
nodumo olu puma emlonyeni wake.
3 U ya li pumisa ngapansi kwezulu
lonke, nonyazi lwake ngasekugcineni
komhlaba.
4 Emva kwalo ku duma udumo: u ya
duma ngezwi lobukosi bake, a yi ku vi-
mbela lapo ku zwakala izwi lake.
5 uTixo u ya duma ngamandhla nge-
zwi lake; wenza izinto ezinkulu e si nga
zi qondiyo tina.
6 U ti kungqoqwane, Yehlela emhla-
beni; na semvuleni encane, na semvu-
leni enkulu.

7 U ya vimbela isandhla sabantu bo-
nke ukuba bonke bazi umsebenzi wake.
8 Kona izilwane zi ya ngena emhume-
ni, zi hlale ezindaweni zazo.
9 Ezingotyeni zake ku vela isivungu-
vungu: namakaza nga senyakato.
10 Ngokupefumla kuka Tixo ku vela
iqwa, nobubanzi bamanzi bu hlangani-
swe.
11 U yetwesa ifu elikulu ngemvula:
u ya hlakaza ifu lokukanya kwake.
12 A penduke ngokutyo kwake: uku-
ba enze loko a ku tyoyo ezindaweni eza-
kiweyo zomhlaba.
13 U ya kufikisa, ukuba ku be uswazi
ezweni lake, nokuba ku be umusa.
14 Lalela loku Jobe, yima u kumbule
imisebenzi ka Tixo e mangalisayo.
15 U yazi ini lapo uTixo wa lungisa,
lapo wenza ifu lake li kanye na?
16 U yazi ini ukulinganiswa kwama-
fu, imisebenzi e mangalisayo yopeleleyo
ekwazini konke na?
17 Nokuba izingubo zako zi fudumala
lapo e tulisa umhlaba ngomoya wa se-
ningizimu.
18 Welulile kanye naye izulu na? eli
namandhla, li fana nesibuko?
19 Si fundise loku oku si fanele uku-
tyo kuye; ngokuba si nge hlele amazwi
etu ngobumnyama.
20 U ya kutyelwa ini ukuba ngi ya
kuluma? Uma umuntu e kuluma impe-
la u zo bujiswa.
21 Kaloku abantu a ba boni ukukanya
oku kazimulayo emafwini: umoya u ya
dhlula u wa hlanze.
22 Izulu elihle li vela ngasenyakato;
kuTixo ku kona inkazimulo enkulu.
23 Ngaye umNinimandhla, si nge m
qonde: u lungile emandhleni, na sekwa-
hluleni kwake, ekulungeni okukulu a yi
ku hlupa.
24 Ngako abantu ba ya mesaba: A ka
naki muntu o zi tyoyo ukuba u hlaka-
nipile.

## ISAHLUKO 38.

UJEHOVA wa pendula uJobe e sesivu-
nguvungwini wa ti,
2 Ubani lo o putisa icebo ngamazwi a
nge nakuqonda?
3 Bopake ukalo lwako njengendoda
ngokuba ngi za kukubuza, u ngi pe-
ndule.
4 Wa u pi lapo ngi beka izisekelo
zomhlaba na? yityo, uma u nokuqo-
nda.
5 Ubani o wa beka izilinganiso zawo
uma wazi na? ubani o welula intambo
pezu kwawo na?
6 Izisekelo zawo za qiniswa pezu kwa-
ni na? ubani o wa beka itye legumbi
lawo na?
7 Lapo izinkanyezi zokusa za hlabele-
la kanye, kwa ti amadodana onke aka
Tixo e nanela ngokujabula?
8 Ubani o wa valela ulwandhle nge-
minyango lapo lwa boboka se nga ti lu
puma esiswini?
9 Ngenza ifu li be isivato salo, no-
bumnyama obunzima bu be imbeleko
yalo:
10 Nga li misela umteto wami nga mi-
sa imivalo neminyango.
11 Nga ti, u ya kugcina lapa, u nga
dhluli na lapa, ukukukumala kwamanzi
ako ku ya kupela.
12 Se loku wa zalwa wa ke wa tyo
ukuba a ku se, wazisa ukusa indawo
yako.
13 Ukuba ku bambe imikaulo yomhla-
ba ababi ba vutululwe kuwo.
14 U guqulwa njengebumba pansi
kwesicindezelo: konke ku ma njenge-
sivato.
15 Kwababi ukukanya ku ya vinje-
lwa nengalo e pakamileyo i ya kwa-
pulwa.
16 U ngenile emitonjeni yolwandhle
na? kuko u hambile ukufuna ukujula
na?
17 Amasango okufa wa wa vulelwa
na? kuko wa bona iminyango yetunzi
lokufa na?
18 Nobubanzi bomhlaba u bu qondile
na? yityo uma u kwazi konke.
19 I yipi indhlela e hlala ukukanya
na? nobumnyama ipi indawo yabo na?
20 Ukuba a ku yise emikaulweni yako
na? nokuba wazi izindhlela za sendhli-
ni yako na?
21 U kwazi ngokuba wa se u zelweke
na? kuko i ngokuba umumo wezinsuku
zako umkulu na?
22 U ngenile ezingosini zika ngqo-
qwane na? kuko u bonile izingosi zesi-
qoto na?
23 E ngi ku bekele isikati sosizi nosu-
ku lokulwa nempi na?
24 I yipi indhlela yokwahlukana ko-
kukanya, na lapo umoya wa sempuma-
langa u citeka kona emhlabeni na?
25 Ubani o wa hlukanisa indhlela yo-
kugoboza kwamanzi nendhlela yonyazi
lokuduma na?
26 Ukunisa imvula emhlabeni lapo ku

ngeko muntu na sehlane e li nge namuntu.

27 Ukusutisa izwe eli ze eli putileyo, nokwenza ihlumela lomuti otambileyo li hlume.

28 U kona uyise wemvula na, ubani o wa zala amatonsi amazolo na?

29 Ungqoqwane wa vela esiswini sika bani na? neqwa elimhlope la sezulwini la vezwa ubani?

30 Amanzi, a fihleka okungati a fihlwe itye nobuso bolwandhle bu ya qina.

31 U nga bopa izibopo zesiLimela u tukulule amagoda aka Cwazibe na?

32 U nga pumisa izinkanyezi esikatini sazo u nga hola uUrsa Majori nabantwana bake na?

33 U ya zazi izimiso zezulu na? u mise ukubusa kwazo emhlabeni na?

34 U nga pakamisela izwi lako emafwini ukuba izimpopomo zamanzi zi ku gubuzele na?

35 U nga tumela unyazi ukuba lu hambe lu ti kuwe si lapa.

36 Ubani o wa beka ukuhlakanipa ngapakati no wa nika inhliziyo ukuqonda na?

37 Ubani o nga bala amafu ngokwazi no nga tambeka amagaba ezulu na?

38 Lapo utuli se lu hlangene namagade se e namatelene na?

39 U ya zingela okokudhliwa ibubesi kuko u sutise isisu samaundhlu alo na?

40 Lapo'e lala emigodini yawo noma e hlezi e lindile ehlozini na?

41 Ubani o wa m kelisa igwababa ukudhla kwalo lapo amazinyane alo e kala kuTixo e zula ngokuswela ukudhla na?

## ISAHLUKO 39.

U YA sazi isikati sokuzala kwezinyamazane za sendhle zewa na? U nga ku bona ukuzala kwembabala na?

2 U nga zi bala izinyanga ezi zi qedayo na? u ya sazi isikati ezi zala ngaso na?

3 Zi ya zigoba, zi pumise amazinyane azo, zi kipe ubuhlungu bazo.

4 Amazinyane azo a kula e qinile a kulele endhle, a ya muka a nga be e sa pindela kuzo.

5 Ubani o wa kipa imbongolo e kululekileyo na? no wa kulula izibopo zedube la sendhle na?

6 E ngenza ihlane li be indhlu yalo nobala lu be izindawo zalo zokudhlala.

7 Li ya kudelela ukuxokozela kwa semuzini, li nga ku laleli ukumemeza komtyayeli.

8 Li ya zula ezintabeni, edhlelweni lalo li funa oku luhlaza.

9 Ubejane u ya kuvuma ukukonza kuwe, a hlale esibayeni sako na?

10 U ya m bopela ubejane ngentambo emseleni na? kuko u ya ku buqa izimfunda emva kwako.

11 U ya kumetemba ngokuba amandhla ake e makulu u yeke umsebenzi wako kuye na?

12 U ya kukolwa uye, ukuba u ya ku yi buyisa imbeu yako a i butele esibayeni sako na?

13 Ipiko lentye li ya pepezela masinyane, kepa ipiko nezimpape ezinhle na?

14 Cabo! I ya shiya amaqanda ayo esihlabatini i wa fundumeza otulini.

15 Li ya kohlwa ukuba unyawo lu wa fohloza nokuba isilwane sa sendhle si wa bulale.

16 I wa pata kalukuni amazinyane ayo sengati a si wo a wayo: umsebenzi wayo u ize, a i kataleli ngawo.

17 uTixo wa yenza i nga bi nangqondo, a ka yi nikanga ukuhlakanipa.

18 Esikatini, i ya zityaya, i zipakamisele pezulu i delele ihashi nokwele kulo.

19 U ya li nika ihashi amandhla alo na? u ya i gqokisa intamo yalo ngokuzamazama na?

20 U ya lenza ukuba li xume njengenkumbi na? udumo lwamakala alo lu yesabeka.

21 Li yemba emfundeni, lename ngamandhla alo: njalo li ya puma ukuhlangabeza abahlomileyo.

22 Li ya kuhleka ukwesaba; a letuki; a li hlehli na pambi kwenkemba.

23 Umgodhla u ya kwehlezela kulo, umkonto okazimulayo nenhlendhla.

24 Ngokwesabeka kwalo na ngolaka lwalo li ya gwinya umhlabati. Uma li kala itilongo a li be li sema li tule.

25 Ekuzwakaleni kwetilongo li ti aha! li zwe ngokununuka ukulwa ku se kude; udumo lwamakosi nokwenanela.

26 Ukozi lu ndiza ngokwazi kwako lwelulele amapiko alo ngaseningizimu na?

27 Inqe lenyukela pezulu ngezwi lako; lake isidhleke salo pezulu na?

28 Li yaka li hlale edwaleni esiqongweni sedwala indawo e inqaba:

29 Li puma kona li fune ukudhla kwalo; iso lalo li ku bona li kude.

30 Amazinyane alo a munca igazi, lapa ku kona okufileyo li ba kona nalo.

## ISAHLUKO 40.

UJEHOVA wa m pendula uJobe, wa ti,

2 Umsoli u ya kupikisana noSomandhla na? Omlulekayo uTixo ma pendule kuko.

3 Kona uJobe wa pendula uJehova wa ti,

4 Bheka ngi mubi! Ngi za kukupendula ngi tini na? Ngi ya kubeka isandhla sami pezu komlomo wami.

5 Se ngi kulumile kanye, kodwa a ngi yi ku pendula futi: yebo nakabili, a ngi yi ku qubekela pambili.

6 uJehova e sesivunguvungwini wa pendula uJobe wa ti,

7 Bopa ukalo lwako njengendoda, ngi ya kukubuza u ngi pendule.

8 U ya kucita ukwahlula kwami na? u ngi lahle ukuba u be o lungileyo na?

9 U nengalo e njeng eka Tixo na? u nga duma ngezwi njengaye na?

10 Zihlobiseke ngodumo nangobukosi, u zivatise ngokukazimula na ngobuhle.

11 Kipa ubuningi bolaka lwako, u bheke bonke abaziqenyayo u ba tobise.

12 U bone bonke abazidhlayo u ba gobe: u nyatele ababi ezindaweni zabo.

13 U ba tukuse otulini ndawonye: u valele ubuso babo ebumnyameni.

14 Konake ngi ya kuvuma kuwe ukuba isandhla sako sokunene si nga ku sindisa.

15 Bhekake imvubu, e nga yenza kanye nawe, i ya dhla utyani njengenkabi.

16 Qonda amandhla ayo, a sokalweni lwayo, nokuqina kwayo ku senkabeni yesisu sayo.

17 I ya zamazamisa umsila wayo, njengomuti wesedare: imisipa yamatanga ayo i tandene.

18 Amatambo ayo, a njengezinsika zetusi: na njengemivalo yensimbi.

19 I ya i dhlula imisebenzi ka Tixo: umdali wayo wa yi pa isinkemba sayo.

20 Kepa izintaba zi ya i vezela ukudhla lapo ku dhlala kona zonke izilwane za sendhle.

21 I ya lala pantsi kwemiti e nemitunzi ekusiteni komhlanga, na semaxapozini.

22 Imiti e nemitunzi i ya i sitibeza ngamatunzi ayo: imiti ya semfuleni i ya i pahla.

23 Bheka umfula u pupumela pezu kwayo, a yetuki, noko iJordani li hamba pezu komlomo wayo a i zamazami.

24 Ba ya i bamba pambi kwamehlo ayo na? ba i hlabe ikala layo ba li bope ngentambo na.

## ISAHLUKO 41.

U NGA kipa ileviatani ngodobo na? nolimi lwake ngentambo o yehlisayo na?

2 U nga faka udobo ekaleni lake na? u bobose umhlati wake ngomhluhluwe na?

3 U ya kukuleka kaningi kuwe na? a kulume amazwi a tambileyo kuwe na?

4 U ya kwenza uvumelwano nawe na? u ya kumenza a be inceku ku ze ku be pakade na?

5 U ya dhlala naye njengenyoni na? u m bopele izincekukazi zako na?

6 Abalobi abahlangeneyo ba nga m tenga ba buye ba tengise ngaye kwabanye abatengi na?

7 U nga gcwalisa isikumba sake ngensimbi e cityileyo na? nenhloko yake ngemikonto yezinhlanzi na?

8 A ke u m pate nje, kumbula impi u nga pindi okunye.

9 Bheka u kwetemba ukumbamba ku ize, ngokumbona nje umuntu u yesaba.

10 A muko o nesibindi sokumvusa: Ubanike po o ngema pambi kwami na?

11 Ubani o wa qala wa ngi pa ukuba ngi ku buyisele kuye na? loku konke oku nga pansi kwezulu ku ngokwami.

12 A ngi yi ku wa fihla amalungu ake namandhla ake, nesimo sake esihle.

13 Ubani o nga bonakalisa ubuso besivato sake na? ubani o nga ngena pakati kwemihlati yake na?

14 Iminyango yobuso bake ubani o yi vulayo? nga semazinyweni ake ku yesabeka.

15 Ukuziqenya kwake, ku izihlangu ezi namandhla zake, zi hlanganisiwe nesinamateliso esiqinisiweyo.

16 Zi sondelene ku nge ngene umoya pakati kwazo.

17 Zi hlangene, zi namatelene, a zi nakwahlukaniswa.

18 Ukutimula kwake ku ya veza ukukanya: amehlo ake a njengokubeja kokusa.

19 Emlonyeni wake ku puma izihlanti nezinhlansi zomlilo zi ya qatya.

20 Emakaleni ake ku puma umusi, njengekanzi elibilayo, noma imbiza.

21 Ukupefumla kwake ku ya pemba

5 Nina abangahlakanipile yazisani ukululeka, nina ziula yazisani ngenhliziyo.

6 Yizwanini, ngokuba ngo kuluma okukulu, nokukamisa komlomo wami ko ba ngokulungileyo.

7 Ngokuba umlomo wami wo kuluma iqiniso, ku ti ukungalungi ku ngokunengekileyo ezindebeni zami.

8 Onke amazwi omlomo wami a sekulungiseni, a ku konto ku wona ekohlisayo, epambukileyo.

9 A lungile onke ku yena o wa zisayo, a sobala kubona aba ku funyene ukwazi.

10 Yamukela ukufundisa kwami, u ngamukeli isiliva, nokwazi ku negolide eliketiweyo.

11 Ngokuba ukuhlakanipa ku lungile ku namaparele, nezinto zonke ezi yigugu a zi lingani nako.

12 Mina ukuhlakanipa ngi hlala nokululeka, ku te ukwazi kwamacebo aqondileyo ngi ya kufunyana.

13 Ukumesaba uJehova ku ngukuzonda okubi: ukuzidhla, nokuzipakamisa, nokubamba okubi, nomlomo opambukayo ngi ya u zonda.

14 Ukuqonda ku kimi, nokuqondisa; ngi ngukwazisisa; amandhla a kimi.

15 Amakosi a busa ngami, nezikulu zi misa ukulungisa.

16 Izinduna zahlulela ngami, nabakulu bonke, abateti bezwe.

17 Ngi ba tanda a ba ngi tandayo, nabo aba ngi funisisayo ba ya ku ngi funyana.

18 Imfuyo nodumo ku kimi, ingcebo enhle nokulunga.

19 Isitelo sami sihle ku negolide, ku negolide elihle, nenzuzo yami ku nesiliva eliketiweyo.

20 Ngi ya hamba endhleleni yokulunga, pakati kwezindhela zokwahlulela.

21 Ukuze ngenze aba ngi tandayo ba be nemfuyo, nezinyango zabo ngo zi gcwalisa.

22 uJehova wa ngi dala, ngi ukuqala kwendhlela yake, ngapambile kwemisebenzi yake yendulo.

23 Kwa pakade nga gcotywa kwasekuqaleni, izwe li nga ka biko.

24 Lapo ku ngeko okujulileyo be ngi zelwe; lapo ku ngeko nemitombo e namanzi amaningi.

25 Zi nga ka qini izintaba, i nga ka biko imimango, be ngi zelwe.

26 E be e ngenzanga umhlabati o linywayo, namahlane, nokuqala kotuli lwezwe.

27 Na lapo e be lungisile izulu, nga be ngi kona mina; ekubaleni kwake isiyinge ebusweni bolwandhle:

28 Ekumiseni kwake amafu a ngapezulu, ekwenzeni imitombo yolwandhle i be namandhla:

29 Ekumiseleni kwake ulwandhle umkaulo, ukuze amanzi a ngeqi izwi lake; ekumiseni kwake izisekelo zomhlaba:

30 Be ngi kuye ngi isisebenzi, imihla ngemihla be ngi injabuliso; ngi tokoza pambi kwake zonke izikati.

31 Be ngi jabula ezweni lake elakiweyo; izitokoziso zami za zi kanye namadodana abantu.

32 Kaloku lalelani kimi bantwana, ngokuba ba ya busiswa aba gcina izindhlela zami.

33 Yizwani isifundiso, ni hlakanipe, ni nga si nqabeli.

34 U busisiwe o ngi zwayo, e linda imihla ngemihla ngasemasangweni ami, e qapela ngasezinsikeni zezivalo zami.

35 Ngokuba o ngi fumanayo, u ya funyana ukupila, wo zuza umusa kuJehova.

36 Kanti o nga ngi funyani, u ya wona umpefumlo wake, bonke aba ngi zondayo ba tanda ukufa.

## ISAHLUKO 9.

UKUHLAKANIPA ku yakile indhlu yake, ku zi bazile izinsika zake ezi isikombisa.

2 Ku zihlabele, ku li vubele iwaini, ku si lungisile izitebe.

3 Ku tumile izintombi zake, ezindaweni ezipakamileyo zomuzi, ku ya memeza ukuti.

4 Ongahlakanipile ma ka pambukele lapa: o swele ukuqonda, ku ya tyo kuye,

5 Wozani ni dhle kokwami ukudhla, ni puze iwaini e ngi li vubeleyo.

6 Shiyani ubuula, no pila; hambani ngokuqonda endhleleni yokwazisisa.

7 O yala isideleli, u zuza ihlazo; o kuza omubi, ku ububi kuyena.

8 U nga yali isideleli, funa si ku zonde; kuza umuntu o hlakanipileyo, naye wo ku tanda.

9 Nika kohlakanipileyo, wo hlakanipa yena; fundisa olungileyo, wo kwandisa ukufunda kwake.

10 Ukuqala kokuhlakanipa, ku ngukumesaba uJehova, nokwazi okuyingcwele, ku ngukuqonda.

11 Ngokuba ngami izinsuku zako zi ya

kwanda, neminyaka yokupila i ya kwengezwa kuwe.
12 Uma u hlakanipa, u ya kuzihlakanipela, kanti uma u nokudelela, wo ku twala wena wedwa;
13 Umfazi ongaqondiyo u nomsindo, u nobuula, a kazi luto.
14 U hlezi ngasemnyango wendhlu yake, esihlalweni esi seziudaweni ezipakamileyo zomuzi.
15 Ukuba a bize abadhlulayo endhleleni, aba qonda izindhlela zabo,
16 O yisiula ma ka pambuke lapa, no swele ukuqonda, u ti kuye,
17 Amanzi ebiweyo a mnandi, nesinkwa sentukuso sihle.
18 A kazi ukuba izituta zi kona, aba nengwayo bake ba sezigodini zesheoli.

## ISAHLUKO 10.

AMAZWI ahlakanipileyo ka Solomona. Indodana ehlakanapileyo i ya tokozisa uyise; kanti indodana e nobuula i usizi kunina.
2 Ingcebo yokubi, a i sizi luto; kepa ukulungisa ku ya sindisa ekufeni.
3 uJehova ka yi kuvuma ukuba umpefumlo wolungileyo u lambe, kodwa inkanuko yabashingayo wo yi delela.
4 Umpofu yena o sebenza ngesandhla sobudenge, kodwa isandhla sokukutala si ya cebisa.
5 Obutayo ehlobo, u indodana ehlakanipileyo, kanti e lalayo ekwindhla u indodana embi.
6 Izibusiso zi pezu kwekanda lolungileyo, kanti umlomo womubi u ya fihla ukonakala.
7 Ukukunjulwa kolungileyo ko busiswa, kodwa igama lababi lo bola.
8 Onhliziyo yake i hlakanipile, u ya kwamukela imiyalo; kanti o isiula ngomlomo, u ya kuwiswa.
9 Ohambayo ngeqiniso, u hamba kahle; kodwa o hamba ngezindhlela ezipambaneyo, u ya kwaziwa.
10 O qweba ngeso u veza ubuhlungu, no isiula ngomlomo wo wa pansi.
11 Umlomo wolungileyo u ngumtombo wokupila, kanti umlomo wamashinga u fihla ububi.
12 Inzondo i ya xunga inkani, kodwa utando lu ya sibekela okubi konke.
13 Ukuhlakanipa ku ya funyanwa emlonyeni wabaqondileyo, kodwa uswazi lu lungele umhlana wake o swela ingqondo.
14 Abahlakanipileyo ba ya gcina ukwazi, kepa umlomo wesiula u incitakalo e seduze.
15 Ingcebo yesicebi i umuzi wake o namandhla, ukuciteka kwezimpofana ku ubumpofu bazo.
16 Umsebenzi wolungileyo u nga sekupileni, inzuzo yabangalungileyo i nga sekoneni.
17 U sendhleleni yokupila o londa ukufundiswa, kanti o nqaba ukuyalwa, u ngodusayo.
18 O bacisa inzondo ngomlomo onamanga, no pumisa isihlebo, u isiula.
19 Ngobuningi bamagama, a ku sweleki sono; kepa o bamba umlomo wake, u hlakanipile.
20 Ulimi lolungileyo lu njengesiliva eliketiweyo, inhliziyo yababi i into encinyane.
21 Izindebe zolungileyo zi yondhla abaningi, kanti iziula zi ya fa ngokuswela ingqondo.
22 Isibusiso sika Jehova si ya cebisa, a kengezi ubuhlungu kuso.
23 Ku njengokudhlala kuso isiula ukwenakalisa, kodwa o nengqondo u nokuhlakanipa.
24 Ivuso leshinga li ya kulifikela, kodwa intando yolungileyo wo yi nika.
25 Njengokudhlula kwesivunguvungu, a li seko ishinga, kanti kolungileyo ku kona isisekelo esi ngunapakade.
26 Njengomunyu emazinyweni, nanjengomusi emehlweni, ku njalo ivila kuye o li tumayo.
27 Ukwesaba uJehova ku yandisa izinsuku, kepake iminyaka kwaba amashinga yo ncipiswa.
28 Itemba lolungileyo lo ba injabulo, kepake ukubekela kwababi ko pela.
29 Indhlela ka Jehova i ngamandhla koqoto, kanti ukubujiswa ku kubo abasebenzi bokubi.
30 Olungileyo a ka yi kunyakaziswa napakade, kanti amashinga a ka yi ku hlala ezweni.
31 Umlomo wolungileyo u ya veza ukuhlakanipa, kanti ulimi lwenkohliso lu ya kunqanyulwa.
32 Izindebe zolungileyo zi ya kwazi okukolekileyo, kepa umlomo wamashinga u ya kohlisa.

## ISAHLUKO 11.

ISILINGANISO, esikohlisayo si isinengiso kuJehova, kanti isilinganiso esilungileyo si intokoziso yake.
2 Ku ti ku fike ukuzidhla, ku vela

nehlazo; kepa kwabatobekileyo ku kona ukuhlakanipa.

3 Iqiniso labalungileyo li ya kubahola, kodwa ukupambanisa kwabonakalisayo ko ba cita.

4 Ubucebi a bu yi ku siza ngosuku lwentukutelo, kodwa ukulungisa ko sindisa ekufeni.

5 Ukulungisa koqoto ko lungisa indhlela yake, kepa ishinga li ya ku wa ngobushinga balo.

6 Ukulungisa kwabaqoto ko ba sindisa, kodwa abonakalisayo bo banjwa ukonakalisa kwabo.

7 Ekufeni komuntu omubi itemba lake li ya kupela, nokubekela kwabangalungileyo ku ya buba.

8 Olungisayo u ya kitywa ebunzimeni, kepa oshingayo u ya ngena esikundhleni sake.

9 Ngomlomo umuntu omubi u ya bulala owakelene naye, kepa ngokwazi kwabaqoto wo kululwa.

10 Nxa e hlezi kahle olungileyo, umuzi u nokwenama; na nxa be buba ababi, ku kona ukwenanela.

11 Ngokubusisa kwabalungileyo wo pakanyiswa umuzi, kepake ngomlomo wamashinga u ya kucitwa.

12 O dela owakelene naye u ngontula ukuqonda, kepa umuntu o nokwazisisa, wo tula.

13 O hambahamba e hleba u ya velisa imfihlo, kanti o kolekile emoyeni u ya yi sibekela indaba.

14 Abantu ba ya wa, uma ku ngeko ukuqondisisa; kodwa ku kona ukugcineka ngobuningi babaqondisayo.

15 O zimela umfo, wo hlupeka nokuhlupeka; kodwa o zonda ukubambisa isandhla, u qinisile.

16 Umfazi otandekayo u ya zuza udumo, nabanamandhla ba zuza ingcebo.

17 O wenzela umpefumlo wake okuhle u ngumuntu o nomusa, kanti o kataza inyama yake, u nonya.

18 Ishinga li yenza umsebenzi wenkohliso, kodwa o hlwanyela ukulunga, u nenkokelo eqinisekileyo.

19 Njengaloku ukulunga ku holela ekupileni, njalo o landa okubi u ku landa ku be ukufa kwake.

20 Abapambukileyo enhliziyweni, ba yisinengiso kuJehova; kanti abaqoto ekuhambeni, ba intokoziso yake.

21 Noko isandhla si patana nesandhla, omubi a ka yi ku yekwa; kepa inzalo yabalungileyo yo sindiswa.

22 Njengendandato yegolide empumulweni yengulube, u njalo umfazi omuhle e nge nakuqikela.

23 Okutandwa abalungileyo ku lungile kupela, kepa itemba labashingayo li intukutelo.

24 Ku kona okuhlakazayo, kwelekwa noko; kepa o vimbayo ku nokufaneleyo, ku banga ubumpofu kupela.

25 Umpefumlo obusisayo u za ku ceba, no netisayo wo netiswa.

26 O godhla ukolweni, abantu ba ya ku m tuka; kepa izibusiso zo ba pezu kwekanda lake o tengisa ngalo.

27 O funisisa okuhle wo funa ukutandwa uTixo, kanti o funa okubi loku ku ya ku m fikela.

28 O temba ingcebo yake, u za kuwa yena; kepa abalungileyo bo hluma njengeqabunga.

29 O katazayo indhlu yake, u ya kwamukela umoya; ku ti isiula si isicaka kuye o nenhliziyo eqondileyo.

30 Isitelo solungileyo si umuti wokupila, no zuza imipefumlo u qondile.

31 Bheka olungileyo u ya kuvuzwa emhlabeni; kakulu kangakanana omubi nesoni.

## ISAHLUKO 12.

YENA o tanda isifundiso, u tanda ukwazi; kanti o zonda ukululeka, u yisipukupuku.

2 Olungileyo wo zuza umusa kuJehova, kepake umuntu wamacebo amabi u ya kulahlwa.

3 Umuntu a ka yi ku qiniswa ngokubi, kodwa impande yabalungileyo a i yi ku zanyazanyiswa.

4 Umfazi oqoto u umqele kuyo indoda yake, kepa o hlazisayo u njengokubola kwamatambo ayo.

5 Imicabango yabalungileyo i ukulungisa, kepa ukuqondisa kwababi ku inkohliso.

6 Amazwi ababi a ngukuqamela igazi, kepa umlomo wabaqoto u ya kubasindisa.

7 Ababi ba ya citwa ba nga biko, kepa indhlu yolungileyo i ya kuma.

8 Umuntu ngokuqikela kwake u ya dunyiswa, kodwa o pambene enhliziyweni wo delwa.

9 Odelwayo e nenceku, u ya ku m ahlula yena o zikulisayo kepa e ntula isinkwa.

10 Olungileyo u ya katalela ukupila kwesilwane sake, kepa isisa samashinga si unya.

11 O lima insimu yake wo suta ukudhla; kodwa o landela izidenge u ntula ingqondo.

12 Omubi u ya fisa impango yabangalungile, kodwa impande yabalungileyo yo tela.

13 Ngokona kwezindebe ku kona ukubadjwa komubi; kanti olungileyo wo puma ekuhlupekeni.

14 Ngokutela komlomo womuntu wo vama ngokulungileyo, nomvuzo wezandhla zomuntu wo buyiselwa kuye.

15 Indhlela yesiula i lungile emehlweni aso; kepa o lalela ukululekwa u hlakanipile.

16 Isiula inkatazo yaso yaziwa ngosuku lwayo, kanti o sibekela ihlazo u hlakanipile.

17 O pefumula iqiniso, u kuluma okufaneleyo; kepa ufakazi wamanga, inkohliso.

18 Ba kona aba kuluma amagama amaningi njengokuhlaba kwenkemba, kodwa ulimi lwabaqondileyo lu yimpiliso.

19 Udebe lweqiniso lu ya kuma ku ze ku be pakade, kodwa ulimi lwenkohliso ngokupazima kupela.

20 Inkohliso i sezinhliziywenі zabo aba cabangela okubi, kodwa kwabaqondisa inhlalo enhle ku kona injabulo.

21 Olungileyo a ka yi kwehlelwa ingozi neyodwa, kodwa ababi bo gcwala ububi.

22 Izindebe ezikohlisayo zi yisinengiso kuJehova, kepa abenza iqiniso ba yintokozo yake.

23 Umuntu o hlakanipileyo u ya fihla ukwazi, kanti inhliziyo yeziula i ya pimisela ubuula.

24 Isandhla sabakuteleyo so busa, kodwa onqenayo wo teliswa.

25 Uvalo enhliziywenі yomuntu lo yi tobisa, kodwa izwi elimnandi lo yi jabulisa.

26 Olungileyo u ya si qondisa isihlobo sake, kanti indhlela yabashingayo i ya ku bedusa.

27 O nqenayo aka yi kosa inyamazane yake, kepa imfuyo yesikutali i ya sinda.

28 Ekuhambeni kokulunga, ku kona ukupila; na sendhleleni yako a ku ko ukufa.

## ISAHLUKO 13.

INDODANA e hlakanipileyo i ya fundiswa uyise, kepa isideleli ka si zwa ukululekwa.

2 Ngokutela komlomo womuntu, u ya kudhla okulungileyo, kodwa umpefumlo wabonakalisayo ukuhlupeka.

3 O lindayo umlomo wake, u ya gcina ukupila kwake; kanti o kamisa kakulu izindebe zake, wo ba nokuciteka.

4 Umpefumlo wake o ivila u ya fisa a ku konto, kepa umpefumlo wabakutalayo wo suta nokusuta.

5 Indaba yamanga o lungileyo wo yi zonda, kodwa ishinga lenza kabi li hlazisa.

6 Ukulunga ko m gcina ondhlela yake i lungile, kodwa okubi ku ya si wisa isoni.

7 Ku kona o zityo u cebile, kepa a ku konto; ku kona o zityo u mpofu, kepa ingcebo inkulu.

8 Isihlaulo sokupila komuntu si ubucebi bake, kepa ompofu a kezwa ukululekwa.

9 Ukukanya koqoto ku nenjabuliso, kodwa isibani sababi si ya kucinywa.

10 Inkani i vezwa ngokuzidhla kupela, kodwa kubo aba vuma ukululekwa ku kona ukuqonda.

11 Ingcebo e vela kalula yo ncipa, o yi butayo esandhleni, u ya ku yandisa.

12 Itemba eli lityaziweyo li ya kataza inhliziyo, kodwa intando efeziweyo i ngumuti wokupila.

13 O li delayo izwi wo bujiswa, kodwa o wesabayo umyalo wo vuzwa.

14 Umteto wohlakanipileyo u ngumtombo wokupila, ukuze ku mukwe kuyo imigibe yokufa.

15 Ukuqondisa okumnene ku ya veza umusa, kodwa indhlela yabakohlisayo i lukuni.

16 Bonke abahlakanipileyo ba ya kwenza ngokwazi, kodwa isiula si ya beneka ubuula.

17 Isitunywa esibi so wa enkatazweni, kodwa umtunywa o kolekileyo u ya pilisa.

18 Ubumpofu nehlazo ko ba kuye o delayo ukufundisa, kanti yena o lalela ukululekwa wo dunyiswa.

19 Intando efeziweyo yo ba mnandi empefumlweni, kodwa ku into e zondekayo eziuleni ukusuka ebubini.

20 O hamba nabahlakanipileyo wo hlakanipa naye, kodwa o tanda iziula wo ba omubi.

21 Okubi ko landela izoni, kodwa abaqoto wo ba vuza ngokuhle.

22 Olungileyo wo benza abantwana babantwana ba be abadhli befa, kodwa ingcebo yesoni i ya gcinelwa oqoto.

23 Indima yabampofu i nokudhla okuningi, kodwa ku kona ukuciteka ngokungalungi.

24 O yeka uswazi, u ya zonda indodana yake, kepa o yi tandayo u ya m funela ukululekwa.

25 Olungileyo u ya dhla a ze a hluleke, kodwa isisu somubi so swela.

## ISAHLUKO 14.

UMFAZI ohlakanipileyo u yaka indhlu yake, kanti o isiula u ya yi cita ngezandhla zake.

2 O hamba ngobuqoto bake u ya m esaba uJehova, kanti o pambene ngezindhlela zake, u ya m dela.

3 Emlonyeni wesiula i kona intonga yokuzidhla, kanti izindebe zabahlakanipileyo zo ba gcina.

4 Nxa kungeko izinkomo, isibaya si ze, kanti ku kona inzuzo enkulu ngamandhla enkabi.

5 Ufakazi weqiniso a ka yi ku qamba manga; kanti ufakazi ongaqinisile wo pimisa amanga.

6 O hlekayo u ya funisisa ukuhlakanipa, kepa a kuko kuye; kanti ukwazi ku lula koqondayo.

7 Deda kumuntu o isiula, nxa u nga boni kuye izindebe zokwazi.

8 Ukuhlakanipa koqapelayo ku ngukuqonda indhlela yake; kanti ubuula beziula bu yinkohliso.

9 Umnikelo wesono u ya hlekisa iziula; kanti pakati kwabalungileyo ku kona ukwamkelwa kahle.

10 Inhliziyo i ya kwazi ukubaba kwayo; kanti umfokazi a nge patane nenjabulo yayo.

11 Indhlu yababi i ya kucitwa; kanti itente labalungileyo li zo hluma.

12 I kona indhlela elungileyo ebusweni bomuntu, kepa ukukaula kwayo ku yizindhlela zokufa.

13 Na sekwenameni inhliziyo i nobuhlungu; futi ukupela kwenjabulo ku lusizi.

14 O pambuka enhliziyweni wo suta ngezindhlela zake; kanti olungileyo u kude naye.

15 Isipukupuku si ya kolwa kuwo onke amazwi; kanti ohlakanipileyo wo qonda imihambo yake.

16 O hlakanipileyo u yesaba, u deda kuko okubi; kanti isiula si ya zikulisa, si nge nakukatala.

17 O tukutela masinya u yenza ubuula; futi umuntu wamacebo wo zondwa.

18 Abangahlakanipileyo ba li dhla ifa lobuula; kanti abahlakanipileyo ba hlobisiwe ngokwazi.

19 Ababi ba toba pansi ebusweni babalungileyo; nabashingayo ngasemasangweni oqoto.

20 Ompofu u ya zondwa na ngowakelene naye; kanti abatandi bocebileyo baningi.

21 O dela owakelene naye u yona; kanti o haukela abahlupekayo u busisiwe.

22 A ba yi kweduka yini aba qamba okubi? kanti umusa neqiniso ku kubo aba qamba okulungileyo.

23 Emsebenzini wonke i kona inzuzo; kepake inkulumo yezindebe i banga ubumpofu.

24 Umqele wabaqondileyo u ubucebi babo; kepake ubuula beziula bu ubuula nje.

25 Ufakazi o qinisileyo u ya sindisa imipefumlo; kodwa o namanga u pimisela amacebo.

26 Ngokumesaba uJehova ku kona itemba eliqinileyo; nabantwana bake bo ba nendawo yokupepela.

27 Ukumesaba uJehova ku ngumtombo wokupila, ukuze ku mukwe ezihibeni zokufa.

28 Ngobuningi babantu lu kona udumo lwenkosi, kepake ukuciteka kwenkosi ku nguku ba swela abantu.

29 O puza ukutukutela u ya qonda kodwa o tyetya ukuvuka, u ya pakamisa ubuula.

30 Inhliziyo etulisayo i ubomi benyama yake; kepake umona u ukubola kwamatambo.

31 O hlupa ompofu u ya m delela umenzi wake: kodwa yena o m dumisayo, u ya m haukela umdingi.

32 Onakalisayo u ya xotywa ekonakaleni kwake; kodwa o qoto u netemba ekufeni kwake.

33 Ukwazi ku sa hlezi enhliziyweni yake o nokuqonda; kepake ku ya kwaziwa loko okupakati kweziula.

34 Ukulunga ku ya li pakamisa isizwe; kodwa ukona ku yihlazo kubantu bonke.

35 Umusa wenkosi u kuyo inceku e qondayo; kodwa ulaka lwayo lu ya ku ba kuye o hlazisayo.

## ISAHLUKO 15.

UKUPENDULA kahle ku ya nqanda intukutelo; kodwa izwi elibabisayo li vusa ulaka.

2 Ulimi lwabahlakanipileyo lwenza ku be mnandi ukwazi ; kodwa umlomo weziula u ya pupuma ubuula.

3 Amehlo ka Jehova a sezindaweni zonke, e bona ababi nabahle.

4 Ulimi olutulisayo lu umuti wokupila ; kodwa ukupambeka ngalo ku ngukucoboza komoya.

5 Isiula si ya dela isifundo sika yise; kodwa o kumbula ukululekwa wo xwaya.

6 Endhlini yolungileyo ku kona imfuyo enkulu ; kodwa enzuzweni yomubi ku kona inkatazo.

7 Izindebe zabahlakanipileyo zi ya hlakaza ukwazi ; kodwa inhliziyo yesiula a i njalo.

8 Umnikelo wababi u isinengiso kuJehova ; kodwa ukukuleka kwabalungileyo ku injabuliso yake.

9 Indhlela yomubi i isinengiso kuJehova; kepa u ya m tanda o landa ukulunga.

10 Ukutyaywa okubuhlungu ku kuye o yi shiya indhlela : o zonda ukululekwa u ya kufa.

11 iSheoli nendawo yokubujiswa ku pambi kuka Jehova ; kakulu kangakanana izinhliziyo zamadodana abantu.

12 Umhleki a ka m tandi yena osolayo; a ka yi ku ya kwabahlakanipileyo.

13 Inhliziyo e nentokozo i yenza ubuso bu be buhle ; kodwa ngobuhlungu benhliziyo umoya u ya puka.

14 Inhliziyo yoqondayo i ya funa ukwazi ; kepa umlomo weziula wo bu dhla ubuula.

15 Zonke izinsuku zohlupekayo zimbi ; kepa inhliziyo enama i nokudhla oku m sutisayo njalo.

16 Okuncane kanye nokumesaba uJehova kuhle ku nemfuyo eningi nenkatazo kanye nayo.

17 Isidhlo semfino, lu kona utando kuso, sihle ku nenkabi ekulupalisiweyo, ku kona inzondo.

18 Umuntu o nolaka u banga inkani ; kodwa yena o puza ukutukutela u ya tulisa inkani.

19 Indhlela yevila i njengotango lwameva ; kanti indhlela yabaqoto iyo elungisiweyo.

20 Indodana ehlakanipileyo i intokozo kuyise ; kodwa umuntu o isiula u ya m delela unina.

21 Ubuula bu yintokoziso kuye o ntula ingqondo ; kodwa umuntu o qikelayo wo qondisa ukuhamba kwake.

22 Uma kungeko ukuqondisa, amacebo a ya puteka; kepa ngobuningi babaqondisayo a ya kuma.

23 Umuntu u nentokozo ngempendulo yomlomo wake; ku ti izwi eli kulunywa ngesikati esifaneleyo lihle kangakanana!

24 Indhlela yokupila koqondileyo i ngapezulu, ukuze a penduke kulo isheoli ngapansi.

25 Indhlu yabazidhlayo uJehova wo yi cita; kodwa umkaulo womfelokazi wo wu qinisa.

26 Amacebo amabi a ngukunengeka kuka Jehova; kepa amazwi amnandi a hlanzekile.

27 Opanga impango u ya kataza indhlu yake ; kodwa yena o zonda iminikelo yokupambukisa wo pila.

28 Inhliziyo yoqoto i ya cinga ukupendula ; kodwa umlomo wababi u ya bodhla izinto ezimbi.

29 uJehova u kude nababi ; kodwa u yezwa ukukuleka kwabalungileyo.

30 Ukukanya kwamehlo ku ya tokozisa inhliziyo ; nendaba enhle i ya kulupalisa amatambo.

31 Indhlebe ezwayo ukululeka kokupila yo hlala pakati kwabaqondileyo.

32 Yena o ku nqabayo ukufundiswa u ya dela umpefumlo wake: kodwa yena ozwayo ukululeka u ya zuza ukwazi.

33 Ukumesaba uJehova ku ngukufundisa kokwazi ; ku ti ngapambi kodumo ku kona ukutobeka.

## ISAHLUKO 16.

UKUCEBA kwenhliziyo ku kumuntu; kodwa ukupendula kolimi ku vela kuJehova.

2 Zonke izindhlela zomuntu zimhlope emehlweni ake; kepa uJehova u ya linganisa imimoya.

3 Gingqela kuJehova imisebenzi yako: ko ti izizindhlo zako zi qiniseke.

4 uJehova u zenzele konke; yebo nomubi u m enzele usuku olubi.

5 O zidhla enhliziyweni yake u ngukunengeka kuJehova; noko isandhla, si bambana nesandhla, a ka yi ku tetelwa.

6 Ngobubele na ngeqiniso isono si ya hlaulelwa; ku ti ngokumesaba uJehova ku ya mukiswa kuko okubi.

7 Nxa imihambo yomuntu i m kolisa uJehova, wo zenza izita zake zi hlangane naye.

8 Kuhle okuncane kanye nokulunga, ku nenzuzo enkulu, kungeko ukulunga.

9 Inhliziyo yomuntu i ya zicingela indhlela yake; kodwa uJehova u ya qondisa ukunyatela kwake.

10 Izwi elikulu li sezindebeni zenkosi; umlomo wayo a u yi ku kohlisa ekwahluleni.

11 Uti lokulinganisa nezikalo zokulunga ezake uJehova; amatye onke esikwama a ngumsebenzi wake.

12 Ku ngukunengeka emakosini ukwenza okubi; ngokuba isihlalo sobukosi si ya qiniswa ngokulungileyo.

13 Izindebe ezilungileyo zi yintokozo yamakosi; ku ti o kuluma ngokufaneleyo, wo tandwa.

14 Ulaka lwenkosi lu izitunywa zokufa; kepa umuntu ohlakanipileyo wo lu tambisa.

15 Ekukanyeni kobuso benkosi ku kona ukupila; nomusa wayo u njengefu lemvula ya semuva.

16 Kuhle kangakanana ukuzuza ukuhlakanipa ku negolide! nokuzuza ukuqonda nga ku ketwa ku nesiliva.

17 Umendo wabaqoto u ngukufulatela ebubini; o londa umpefumlo wake u ya gcina indhlela yake.

18 Ukuzidhla ku yandulela ukubujiswa, nomoya ozikulisayo u yandulela ukuwa.

19 Kuhle ukuba nomoya otobekileyo kanye nabatobekayo, ku nokwahlulelana nabazidhlayo ngempango.

20 O qonda ngendaba wo tola okuhle; futi otembayo kuJehova, u nokutokoza.

21 Kohlakanipileyo enhliziyweni ko tiwa u ngoqondayo; ku ti ubumnandi bezindebe bu yandisa ukwazi.

22 Ukwazisa ku ngumtombo wokupila kuye o nako; kepa isifundiso seziula si ubuula.

23 Inhliziyo yohlakanipileyo yo fundisa umlomo wake, u ya kwenza ukwazi ezindebeni zake.

24 Amazwi amnandi a njengoju lwamakekeba, amtoti empefumlweni, a impiliso ematanjeni.

25 I kona indhlela elungileyo ebusweni bomuntu, kanti ukupela kwayo ku izindhlela zokufa.

26 Ukukanuka komuntu okutalayo ku nzima kuye; ngokuba umlomo wake u ya m quba.

27 Umuntu omubi u ya panda okubi; ku ti ezindebeni zake ku njengomlilo o vutayo.

28 Umuntu o isideleli u ya vusa inkani; nomcetezi u ya hlukanisa izihlobo.

29 Umuntu o nonya wo m yenga owakelene naye, a m holele endhleleni engalungile.

30 O cimeza amehlo ake a cebe okupambeneyo, e luma izindebe zake, u se kwenzile okubi.

31 Izinwele ezimpunga zi umcele wobuhle, nxa zi funyanwa endhleleni yokulunga.

32 O puza ukutukutela u lungile ku nalo iqawe; no busa emoyeni wake kuye o nqoba umuzi.

33 Itye lenkato li bekiwe esifubeni; kepa ukwahlula kwalo konke ku kuJehova.

## ISAHLUKO 17.

KUHLE umtama omileyo, ku kona ukuhlala kahle; ku nendhlu e gcwele ngokuhlatyiweyo, ku kona inkani.

2 Inceku eqondileyo yo busa pezu kwendodana ehlazisayo, yo ti i dhle ifa kanye nabazalwane.

3 Ukamba lokuncibilikisa o lwesiliva, nesitando e segolide; kepa o hlola izinhliziyo u nguJehova.

4 O wenza okubi u ya lalela izindebe ezi namanga; o qamba amanga u ya beka indhlebe kulo ulimi olubi.

5 O hleka ompofu u ya m delela umenzi wake; o jabula ekuciteni okuzumayo a ka yi ku tetelelwa.

6 Abantwana babantwana ba umqele wabadala; nesivunulo sabantwana si oyise babo.

7 Izindebe zenshumayelo enhle a zi fanele isiula; kakulu kangakanana izindebe zamanga a zi fanele isikulu.

8 Umnikelo u yitye elihle emehlweni omniniwo; izindawo zonke lapo e beke kona, zo ba igugu.

9 O tukusa isipambuko u ya funa utando; kepa o pinda a vuse indaba u ya hlukanisa izihlobo.

10 Ukukuza ko ngena kuye oqondayo ku nokutyaya isiula ka ikulu.

11 Omubi u ya funa inkani kupela; kepa isitunywa esi nolunya si ya ku tunyelwa kuye.

12 Hlangana nebere e lapuciwe amaundhlu alo ngumuntu, kepa u nga hlangani nesiula ebuuleni baso.

13 O pindisela okuhle ngokubi, ububi a bu yi ku muka endhlini yake.

14 Isiqalo sokupika inkani si njengokubobozela amanzi; ngako yeka inkani i nga ka tyi.

15 O ti u lungile omubi no lahla olu-

ngileyo, ba ukunengeka kuJehova bona bobabili.

16 Yini ukuba inani li sesandhleni sesiula, si zuze ukuhlakanipa, uma ingqondo a iko na?

17 Umhlobo u ya tanda ngezikati zonke; kepa umzalwane ekuhlupekeni nga e zalwa.

18 Umuntu o nge nakuqonda u ya bambana ngezandhla, enza ukuqinisa ebusweni besihlobo sake.

19 O tanda ukuxabana u tanda inkani; naye o li pakamisayo isango lake u funa ukuciteka.

20 O nenhliziyo embi a ka yi ku tola okuhle; naye o guquguquka ngolimi u ya kuwa ebubini.

21 O zalayo isiula ku ukuhlupeka kuye; noyise wesiula a ka jabuli.

22 Inhliziyo ejabulayo i ya polisa kahle; kepake umoya owapukileyo wo lomisa itambo.

23 Umnikelo u ya tatyatwa esifubeni somubi ukupambukisa imihambo yokwahlula.

24 Ukuhlakanipa ku pambi kwake o nenqondiso; kodwa amehlo esiula a semikaulweni yomhlaba.

25 Indodana e isiula i inkatazo kuyise, nokubaba kuye o wa m zalayo.

26 Ukuhlupa abalungileyo a ku fanele, nokutyaya izikulu kubi.

27 O bamba amazwi ake u ya kwazi ukwazi; noqondayo u nomoya opolileyo.

28 Nesiula, nxa si tule, ku tiwa si qondile; no vala umlomo wake ku tiwa umuntu wokuqonda.

## ISAHLUKO 18.

O ZAHLUKANISAYO wo funa okukanukwayo, u ya kanuka kuko konke ukuqondisa.

2 Isiula a si jabuli ngokuqonda, kodwa ekuzibukuleni kwenhliziyo yaso.

3 Nxa ku fika omubi, ku fika nokudelela, nenhlamba nokutuka.

4 Amagama omlomo womuntu a njengamanzi a julileyo, nomtombo wokuhlakanipa u umfula ompompozayo.

5 Ukunaka ubuso bomubi a ku lungile; ukupambukisa abaqoto ekwahluleni a ku lungile.

6 Izindebe zesiula zi ya ngena enkanini, nomlomo wake u ya biza imivimbo.

7 Umlomo wesiula u ukuciteka kuso, nezindebe zaso zi umgibe empefumlweni waso.

8 Amazwi omcetezi a njengemitamo e minzwa masinya, kepa yona i yehlela emagumbini esisu.

9 O vilapela umsebenzi wake, u umfo wabo o citayo.

10 Igama lika Jehova li inqaba e namandhla; olungileyo u gijimela pakati kwayo a sinde.

11 Imfuyo yesicebi i inqaba yaso e namandhla, i njengodonga olude ekuzindhleni kwaso.

12 Ku nga ka fiki ukucitakala inhliziyo yomuntu i pakamile, lu nga ka biko udumo ku kona ukutobeka.

13 O pendula indaba e nga ka yi zwa, ku ubuula kuye nehlazo.

14 Umoya womuntu wo twala ukugula kwake; kepake umoya omunyu u nga twalwa ubani na?

15 Inhliziyo yomuntu oqondileyo i ya zuza ukwazi; nendhlebe yabahlakanipileyo i ya funa ukwazi.

16 Umnikelo womuntu u ya m enzela indawo, u ya m zisa pambi kwezikulu.

17 O ngowokuqala ecaleni lake, kungati u lungile yena; kepake umhlobo wake u ya fika, a m hlolisise.

18 Inkato i ya qeda izinkani, yahlukanise pakati kwaba namandhla.

19 Umzalwane o woniweyo u ya hlula umuzi o namandhla; futi izinkani zabo zi njengemivalo yenqaba.

20 Isisu somuntu so suta ngesitelo somlomo wake; ngobuningi bamazwi ake u ya kusuta.

21 Ukufa nokupila ku semandhleni olimi; aba lu tandayo bo si dhla isitelo salo.

22 O fumana umfazi, u ya fumana okulungileyo, u zuzile umusa kuJehova.

23 Ompofu u ya kuluma ngokuncenga; kodwa isicebi si pendula ngokulukuni.

24 Umuntu wezihlobo wo tiwa o mubi; ku kona isihlobo esi namatela ku neselamane.

## ISAHLUKO 19.

OMPOFU o hamba ngeqiniso lake u lungile ku nalowo o pambene ngezindhlela zake, e isiula.

2 Futi a ku lungile ukuba umpefumlo u nga bi nakwazi; notyetyayo ngezinyawo u yeduka.

3 Ubuula bomuntu bu yonakalisa indhlela yake, nenhliziyo yake i tukutela ngakuye uJehova.

4 Ingcebo i yenezela izihlobo eziningi,

kepake ompofu u ya hlukaniswa kuso isihlobo sake.

5 Ufakazi wamanga a ka yi ku ba o nge nacala, nopefumlayo amanga a ka yi kwepepa.

6 Ba ningi aba kuleka esikulwini; nabo bonke ba izihlobo ku yena o wepanayo.

7 Abazalwane bonke bompofu ba m zonda; kakulu kangakanana izihlobo zake zi suka kude naye; e landa amazwi, a wako wona.

8 O zuza ukwazisisa, u ya tanda owake umpefumlo, kepake o londa ukuqonda wo tola okuhle.

9 Ufakazi wamanga ka yi ku ba o nge nacala; o pefumla amanga wo buba.

10 A ku bukeki esiuleni ukuba si pile ngenala; kakulu kambe a ku bukeki ukuba isiula si buse pezu kwezikulu.

11 Ukuqondisisa komuntu ku ya libazisa ulaka lwake; ku udumo lwake ukutetela isipambuko.

12 Ulaka lwenkosi lu njengengonyama ebodhlayo; kepa umusa wayo u njengamazolo pezu kotyani.

13 Indodana e yisiula i inhlupeko enkulu kuyise; nezinkani zomfazi zi ukuconsa njalo njalo.

14 Indhlu nomcebo ku ifa eli vela koyise; kanti umfazi o qondayo u vela kuJehova.

15 Ubuvila benza ubutonga bu we pezu komuntu; nompefumlo onqenayo wo lamba.

16 O londa umyalo, u londa umpefumlo wake; o nga naki izindhlela zake, u ya kubujiswa.

17 O haukela umpofu, u ya m tyeleka uJehova; nako ukwenza kwake wo m vuza ngako.

18 Yi tyaye indodana yako, ngokuba li kona itemba; kodwa u nga vuseli umpefumlo wako ku be ukubulawa kwake.

19 Umuntu wolaka olukulu, nga e hlauliswa; ngoba uma u m sindisa, nga u buya u pinde.

20 Yizwa ukuqondisa, wamkele ukulungiswa, ukuze u be nokuhlakanipa esikatini sako sokugcina.

21 A kona amacebo amaningi enhliziyweni yomuntu; kodwa icebo lika Jehova, lona li ya kuma.

22 Okufiswayo komuntu ku ububele bake; naye ompofu u lungile ku nomuntu wamanga.

23 Ukumesaba uJehova ku ngukupila; o nako wo hlala e koliwe; a ka yi kwehlelwa ububi.

24 Ivila li ya fihla isandhla salo esityeni, a li si buyiseli na semlonyeni walo.

25 Tyaya isihlekisi, ko ti ongahlakanipileyo a xwaye; u m luleke oqondayo, wo qonda ukwazi.

26 O cita uyise, e xotya unina, u yindodana e jabisayo nehlazisayo.

27 Peza ndodana yami ukulalela isifundiso esidusayo emazweni okwazi.

28 Ufakazi omubi u ya dela ukwahlula; nomlomo womubi u ya gwinya ukonakala.

29 Ukwahluleka ku ya lungiselwa izideleli, nemivimbo umhlana weziula.

## ISAHLUKO 20.

IWAINI li isideleli; okupuzwa oku namandhla ku veza umsindo, o dukiswa ilo a ka hlakanipile.

2 Ukwesabeka kwenkosi ku njengokubodhla kwengonyama entya; o yi tukutelisayo u ya wona umpefumlo wake.

3 Ukuhlala kude nenkani, ku udumo kumuntu; kodwa zonke iziula zo tukutela.

4 Ivila a li yi ku lima ngenxa yobusika; ngako lo nxiba ekwindhla ku ngekonto.

5 Icebo eli senhliziyweni yomuntu li ngamanzi ajulileyo; kepa umuntu oqondayo wo li kipa.

6 Imvama yabantu ba shumayela lowo na lowo obake ubunene; kepake umuntu o qiniseleyo a nga funyanwa ubani na?

7 O hamba ngeqiniso lake u lungile; abantwana bake ba ya busiswa emva kwake.

8 Inkosi e hlezi esihlalweni sokwahlula, i hlakaza konke okubi ngamehlo ayo.

9 Ubani o nga tyo ukuti, ngenzile inhliziyo yami i be mhlope, ngi hlanzekile kuko ukona kwami?

10 Izisindo zezinhlobo ezimbili, nezilinganiso zezinhlobo ezimbili zimbi kuJehova zozombili.

11 Umtwana u yaziwa ngemisebenzi yake, noma umsebenzi wake u mhlope noma u lungile yini.

12 Indhlebe ezwayo, neso elibonayo, uJehova u kwenzile kokubili.

13 U nga tandi ubutongo, funa u fikelwe ubumpofu; vula amehlo ako, u sute isinkwa.

14 Kubi, kubi, ku tyo umtengi; kepa se e mukile a hambe, u zigabisa.

15 Ku kona igolide, namaperele amaningi; kodwa izindebe zokwazi zi isitya esi igugu.

16 Tabata ingubo yake o zimela umfo; u m bope ngesibambiso ngenxa yabafo.

17 Isinkwa senkohliso si mnandi kumuntu; kodwa emuva umlomo wake wo gcwala ugedhle.

18 Amacebo a ya ku qiniswa ngokuqondisa; yenza impi ngecebo elihle.

19 O hambahamba e umcetezi u yambulula okufihlekileyo, ngako u nga kolani naye o vulayo umlomo wake.

20 O tuka uyise nonina, isibani sake si ya ku cinywa ebumnyameni obukulu.

21 Imfuyo i nga zuzwa ngokutyetya ekuqaleni; kodwa ukupela kwayo a i yi ku ba nenhlanhla.

22 U nga ti, Ngo pindisela okubi; bheka kuye uJehova, u ya ku ku naka.

23 Izisindo ezinhlobo zimbili zimbi kuJehova; nezilinganiso zenkohliso zimbi.

24 Izinyatelo zomuntu zi ngakuye uJehova; Umuntu a nga yazisa kanjani indhlela yake na?

25 Ku yisihibe kumuntu ukuba a kulume okuyingcwele ngokungaqondi, nangasemva kwezifungo, a buye a buze.

26 Inkosi eqondayo i ya cita ababi, i li hambise pezu kwabo isondo.

27 Umpefumlo womuntu u isibani sika Jehova, esi penyisisa izindawo zonke ezi pakati kombilini.

28 Umusa neqiniso ku ya londa inkosi; kuti i ya pasa isihlalo sayo sobukosi ngobubele.

29 Isivunulo sabatya si amandhla abo; kepa udumo lwamaxegu lu izimvi zawo.

30 Imivimbo elimazayo i umuti wokwelapa omubi; nokukalela emagumbini ombilini.

## ISAHLUKO 21.

INHLIZIYO yenkosi i sesandhleni sika Jehova, njengemifula yamanzi; u ya yi pendula lapo e tandayo.

2 Zonke izindhlela zomuntu zi lungile emehlweni ake, kepa uJehova u ya zi linganisa izinhliziyo.

3 Ukwenza okuqinisileyo nokwahlula ku ya tandeka kuJehova ku nomnikelo.

4 Ukupakama kwamehlo, nokuzidhla kwenhliziyo, nokukanya kwababi, ku isono.

5 Amacebo okutalayo a ngasekwandeni; kepa amacebo abo bonke aba tyetyayo, a ngasebumpofwini.

6 Ku kona ukuzuza imfuyo ngolimi lwamanga, abanjalo ba umoya o banjiswayo aba funa ukufa.

7 Ukupanga kwababi ku ya ku ba cita; ngokuba ba ya nqaba ukwenza ukulunga.

8 Opambukileyo endhleleni u ngumuntu o necala; kepa ohlanzekileyo u ya qonda ukwenza kwake.

9 Ku lungile ukuhlala egumbini pezu kwendhlu, ku nokuhlala nomfazi wenkani endhlini e hlanganyelweyo.

10 Umpefumlo wababi u funa okubi; umhlobo wake a ka yi ku funyana umusa emehlweni ake.

11 Ngokutyaywa komhleki, o ngenakuhlakanipa wo hlakanipiswa; na ngokufundisa kohlakanipayo, wo fumana ukwazi.

12 O lungileyo u ya qonda indhlu yomubi; uTixo u ya ku wisa ababi ebubini.

13 O vimba izindhlebe zake, ekukaleni kombunce, wo kala naye, kepa a ka yi ku zwiwa.

14 Isipo ekufihlekeni si ya tambisa ulaka; nomvuzo esifubeni ukutukutela okukulu.

15 Ku injabulo kolungileyo ukwenza ukulunga; kodwa ukuciteka ko ba kubo aba sebenza okubi.

16 Umuntu o duka endhleleni yokuqonda, wo hlala enhlanganweni yamatongo.

17 O tanda ukwenama, wo ba umuntu ompofu; O tandayo iwaini namafuta, a ka yi ku ceba.

18 Omubi wo ba isizi ngenxa yolungileyo, nokohlisayo esikundhleni sabaqoto.

19 Ku lungile ukuhlala ehlane, ku nokuhlala nomfazi o nenkani otetayo.

20 Ku kona imfuyo efisekayo, namafuta endhlini yohlakanipileyo; kepa o isiula u ya yi cita.

21 O landa ukulunga nomusa wo tola ukupila, nenhlandhla, nodumo.

22 O hlakanipileyo u yenyukela emuzini wamaqawe, u wisa pansi itemba lawo eli namandhla.

23 O linda umlomo wake nolimi, u ya gcina umpefumlo wake kuzo izinkatazo.

24 Okukumalayo e zidhla, umhleki u igama lake, u yenza ngokukumala kokuzidhla.

25 Ukukanuka kwevila ku ya li cita; ngokuba izandhla zalo zi ya nqaba ukusebenza.

26 U ya fisa nokufisa imini yonke; kodwa olungileyo wo nika, e nga ncityani.

27 Umnikelo wababi u into ezondekayo; kakulu kangakanana lapo e wu zisa ekwenakaleni.

28 Ufakazi wamanga wo buba; kanti umuntu ozwayo iqiniso wo kuluma ku ze ku be sekupeleni,

29 Umuntu omubi u ya benza ubuso bake bu be lukuni, kepake olungileyo wo zi qondisa izindhlela zake.

30 A kuko ukwazi, a kuko nokuqonda, a kuko nacebo, ngapambi kuka Jehova.

31 Ihashi li ya lungiselwa usuku lokulwa; kepake ukusindiswa ku kuJehova.

## ISAHLUKO 22.

IGAMA elihle, li ya keteka ku nengcebo enkulu, nomusa ku nesiliva negolide.

2 Abacebileyo nabampofu ba hlangana; uJehova u ngumenzi wabo bonke.

3 O xwayayo u ya bona okubi, a bace; kepake aba iziula ba dhlula nje, ba tola ingozi.

4 Ngenxa yokutoba okukuti ukumesaba uJehova, ku kona ingcebo, nodumo, nokupila.

5 Ku kona ameva nemigibe endhleleni yabadukayo; kanti o linda umpefumlo wake wo deda kuko.

6 Luleka umntwana ngokwendhlela yake; ko ti e semdala a ka yi ku pambuka kuyo.

7 Isicebi so busa pezu kwabampofu, naye o tyelekwayo wo ba inceku kumuntu o m tyelekayo.

8 O hlwanyela ukonakala wo vuna okubi, i ti i pele intonga yolaka lwake.

9 O neso eli nobubele wo busiswa; ngokuba u ya ba pa abampofu o kwesinkwa sake.

10 Xotya isideleli, ko deda nenkani; yebo, ko pela ukupika inkani nehlazo.

11 O tanda ubumhlope benhliziyo, o nomusa ezindebeni zake inkosi i isihlobo sake.

12 Amehlo ka Jehova a ya gcina ukwazi, kepa u ya cita izindaba zomoni.

13 Li ti ivila, Ku kona ingonyama ngapanhle, ngo bulawa ezindhleleni.

14 Umlomo wesipingi u umgodi ojulileyo; o nengwa uJehova u ya kuwela kona.

15 Ubuula bu botyiwe enhliziyweni yomntwana; uswazi lokululeka lo bu xotyela kude kuye.

16 O hlupa ompofu ukuba andise imfuyo yake, u ya m nika ocebileyo, a ze a fike ekusweleni.

17 Nika indhlebe yako, u zwe amazwi abahlakanipileyo, u beke nenhliziyo ekwazini kwami.

18 Ngokuba kuhle uma u wa londa embilini wako; uma a ya bekwa ezindebeni zako.

19 Ukuze itemba lako li be kuye uJehova, ngi kwazisile wona namuhla, wena pela.

20 A ngi ku lobelanga kuqala ngokululeka nangokwazi na?

21 Ukuze ngi kwazise iqiniso lamazwi a nga pikwayo; ukuba u ba pendulele bona aba ku tumileyo amazwi a qinisileyo.

22 U nga m pangi ompofu ngokuba empofu; u nga m hlupi nomdingi esangweni.

23 Ngokuba uJehova wo ba vikela; a bapuce bona aba ba panga ngompefumlo wabo.

24 U nga hlangani nomuntu o nolaka; u nga hambi nomuntu o isijaka.

25 Funa u zi funde izindhlela zake, u tabate umgibe wompefumlo wako.

26 U nga bi owabo aba bambana izandhla, naba mela amacala.

27 Nxa u nge nanto ukukoka, yini ukuba a suse ukuko lwako ngapansi kwako na?

28 U nga susi umkaulo omdala, okoko aba wu misileyo.

29 U ya m bona umuntu e hlakanipile emisebenzini yake na? U ya kuma pambi kwamakosi; e ngemi pambi kwabafokozana nje.

## ISAHLUKO 23.

NXA u hlala ekudhleni kanye nombusi, qonda loko oku pambi kwako.

2 Beka umese empinjeni wako, nxa u ngumuntu ohahayo.

3 U nga kanuki ukudhla okumnandi kwake, ngokuba ku ngukudhla kwenkohliso kona.

4 U nga kataleli ukuba u be nengcebo, peza ekuqondeni kwako.

5 Wo ndizisa amehlo ako kuko na? a ku se ko belu, ngokuba ku ya ku zenzela amapiko; na njengenqe ku ndizele ezulwini.

6 U nga dhli isinkwa sake o neso elibi, u nga kanuki ukudhla kwake okumnandi.
7 Ngokuba njengaloku e cabanga enhliziyweni yake, u njalo yena; yidhla u puze, u ti kuwe; kepa inhliziyo yake ayiko kuwe.
8 Ngokuba umtama wako o wu dhlileyo wo buya u wu hlanze, u cite amazwi ako amnandi.
9 Musa ukukuluma ezindhlebeni zesiula; ngokuba si ya kudelela ukwazi kwamazwi ako.
10 U nga susi umkaulo omdala; u nga ngeni emasimini ezintandana.
11 Ngokuba umkululi wazo u namandhla; wo zi pikela nga kuwe.
12 Beka inhliziyo yako ekufundisweni, nezindhlebe zako emazwini okwazi.
13 U nga yeki ukulungisa umntwana; nxa u m tyaya ngoswazi, a ka yi ku fa.
14 U m tyaye ngoswazi, u kulule umpefumlo wake kusheoli.
15 Ndodana yami, uma inhliziyo yako i hlakanipa, eyami inhliziyo yo jabula, yebo eyami.
16 Yeboke izinso zami zo jabula, nxa umlomo wako u kuluma okufanelekile.
17 Inhliziyo yako ma i nga bi namona ngabo aboni: kodwa ma u be ekumesabeni uJehova izinsuku zonke.
18 Ngokuba uma ku kona okupambile; itemba lako a li yi ku nqunywa.
19 Lalela, Ndodana yami, u hlakanipe, u yi qondise inhliziyo yako endhleleni.
20 U nga bi pakati kwezinseli zewaini; naba iziminzi zenyama.
21 Ngokuba isidakwa nesiminzi ba ya ku fikelwa ubumpofu; ukozela ku ya kwambatisa ngamanikiniki.
22 Lalela uyihlo owa ku zalayo, u nga m deli nonyoko e semdala.
23 Tenga iqiniso, u nga tengisi ngalo; nokuhlakanipa, nokufundisa, nokwazisisa.
24 Uyise wolungileyo wo taba kakulu; no zala oqondileyo wo jabula ngaye.
25 Uyihlo nonyoko bo jabula, naye o ku zaleyo etabe.
26 Ndodana yami, ngi pe inhliziyo yako, amehlo ako ma a qapele izindhlela zami.
27 Ngokuba isifebe si umsele o julileyo, isipingi si igebe eli ingeingo.
28 So qamela njengesela, sandise abakohlisi pakati kwabantu.
29 Ubani o ti, Maye? Ubani o nosizi? Ubani o nezinkani? Ubani o solayo? Ubani o namanxeba ngeze? Ubani o namehlo a jamayo na?
30 Ibo aba libala ewainini; aba hamba be funa iwaini elixubanisiweyo.
31 U nga li buki iwaini nxa li bomvu, nxa li bonisa iso lalo endebeni, nxa li hamba ngobutelezi.
32 Ekupeleni li ya luma njengenyoka, li hlabe njengebululu.
33 Amehlo ako o bona izifebe, nayo inhliziyo yo pimisela okuyize.
34 Yeboke, wo ba njeng o lele pansi pakati kolwandhle, njeng o lele pansi ensikeni yomkumbu e pezulu.
35 Wo ti ba ngi tyayile, a ngi guli; ba ngi ngalele a ngi kwazanga; uma ngo ba ngi vukile, ngo pinda ngi li fune futi.

## ISAHLUKO 24.

UNGA bi namona ngabantu ababi, u nga kanuki u be nabo.
2 Ngokuba inhliziyo yabo i ya ceba uhlupo; nezindebe zabo zi ya kuluma okubi.
3 Indhlu i yakiwa ngokuhlakanipa; na ngokuqonda i ya qiniswa.
4 Ngokwazi izindhlwana zonke zi ya ku gewaliswa ngemfuyo yonke enqabileyo.
5 Umuntu ohlakanipileyo u namandhla; yebo umuntu wokwazi u ya qinisisa amandhla.
6 Ngokuba ngamacebo ahlakanipileyo u ya ku zilwela; ku ti ku kona ukusinda ngobuningi babaqondisayo.
7 Ukuhlakanipa ku into enkulu pezu kweziula; a si wu vuli umlomo waso esangweni.
8 O cabanga ukwenza okubi u ya ku bizwa ngokuti umnikaziwo amacebo amabi.
9 Icebo lobuula li isono; kanti umhleki u ya zondeka kubantu.
10 Nxa u dangela ngosuku lwenhlupeko, amandhla ako maneinyane.
11 Sindisa bona aba holelwa ekufeni, naba hanjiswa uku bulawa ma u ba vimbele.
12 Nokuba u tyo, Bheka, a si kwazi loku; yena o linga izinhlizyo, a ka qondi na? yena o gcina umpefumlo wako a kazi na? Wo ba vuza abantu bonke njengokwenza kwabo.
13 Ndodana yami, yidhla izinyosi, ngokuba zi mnandi; nokuconsa kwoju ku mnandi empinjeni wako.
14 Ko ba njalo kumpefumlo wako

ukwazi kokuhlakanipa; uma u ku tolile, noma ku kona okupambile lapo itemba lako a li yi ku nqunywa.
15 Wena o mubi, u nga qameli indhlu yolungileyo; u nga yi citi inhlalo yake:
16 Nokuba olungileyo e wa kakombisa, wo buya a vuke: kepake ababi ba ya ku kubeka ebubini babo.
17 U nga jabuli; nxa isita sako si wa, inhliziyo yako ma i ngetabi ekukubekeni kwaso.
18 Funa uJehova a bone, ku be kubi emehlweni ake, a suse ulaka lwake kuso.
19 U nga zikatazi ngenxa yababi, u nga bi namona ngabashingayo.
20 Ngokuba a ku yi kuba kona umvuzo kuwo amashinga; isibani sababi so cinywa.
21 Ndodana yami, m esabe uJehova nenkosi; u nga hlangani nabo aba guquguqukayo.
22 Ngokuba incitakalo yabo yo vuka masinya; nokubujiswa kwabo bobabili ubani okwaziyo na?
23 Loku ku ngo kwabalungileyo; ukunaka ubuso a ku lungile ekwahluleni.
24 Yena o tyo komubi; Wena u lungile; abantu ba ya ku m tuka, izizwe zo m zonda.
25 Kanti kubo aba m lulekayo, ko ba mnandi; nesibusiso sokulunga so ba fikela.
26 Umuntu wo zanga izindebe zake zopendulayo ngamazwi amahle.
27 Lungisa umsebenzi wako ngapandhle, u wu lungise na sensimini; emuva wo yaka indhlu yako.
28 U nga bi ufakazi ngakuye o wakelene naye ngeze, u nga kohlisi ngezindebe zako.
29 U nga ti, Ngi ya kwenza kuye njengokwenza kwake kimi; ngo pindisela emuntwini njengemisebenzi yake.
30 Nga dhlula ensimini yevila, na ngasevinini lomuntu o swela ukuqonda.
31 Bhekake! yonke ya i kulile nembabazana, ubuso bayo bu sibekelwe ameva, notango lwamatye lwa be lu wile.
32 Nga buka; nga bheka inhliziyo yami; nga bona; ngamukela ukufundiswa.
33 Ubutongo obuyincozana, ukozela okuyincozana, ukuhlanganisa izandhla okuyincozana ukuze ku lalwe.
34 Ko ti ubupofu bako bu fike njengohambayo; nokuswela kwako njengohlomileyo.

## ISAHLUKO 25.

FUTI lezi zi imizekeliso ka Solomona ezi balwa iwo amadoda ka Hezekia, inkosi ya seJuda.
2 Udumo luka Tixo lu uku yi fihla into; kanti udumo lwamakosi lu uku yi penyisisa indaba.
3 Izulu ngokupakama, nomhlaba ngokujula, i njalo inhliziyo yamakosi, a kuko uku yi hlolisisa.
4 Susa inyela kulo isiliva, kona ko m pumelela umkandi isitya.
5 Susa omubi ebusweni benkosi, nesihlalo sayo sobukosi so qiniswa ngokulungisa.
6 U nga hambi ngokuzidhla pambi kwenkosi, u ngemi endaweni yabakulu.
7 Ku lungile ukuba ku tyiwo kuwe, ukuti, Nyukela lapa; ku nokuba wehliswe ebusweni benkosi a yi bonileyo amehlo ako.
8 U nga tyetyi ukupuma u lwe, funa u ngazi u za kwenzani ekupeleni, nxa o wakelene naye a kwenze u be nehlazo.
9 Pikelela indaba yako nowakelene nawe; u ngambuli okufihlekileyo komunye.
10 Funa ozwayo a ku jezisise, nodumo olubi lwako lu nga muki.
11 Izwi eli kulunywa kahle li njengamaperele egolide pakati koku setyenzwa okubaliweyo kwesiliva.
12 Umkuzi ohlakanipileyo u yindandato yegolide, u isivunulo segolide elihle endhlebeni ezwayo.
13 Njengokubanda kongqoqwane ngesikati sokwindhla si njalo isigijimi esi kolisileyo kubo aba si tumayo; ngokuba si ya buyisa umpefumlo wenkosi yaso.
14 Ozigabisayo ngomnikelo wamanga, u njengamafu nomoya, ku ngeko imvula.
15 Ngokubekezela, inkosi i ya nxuswa, nolimi olutambileyo lu ya pula itambo.
16 U tolile izinyosi na? yidhla okwanele wena, funa u cunuke izo, u buye u zi hlanze.
17 Unyawo lwako ma lu nga vami endhlini yomhlobo wako; funa a dinwe nguwe a ze a ku zonde.
18 Umuntu o qamba amanga ngakuye o wakelene naye, u isando, nenkemba nomcibityelo obukali.
19 Ukwetemba kumuntu o ngakolisiyo ngesikati sobunzima, ku njengezinyo elapukileyo, nonyawo olwenyeleyo.

20 O yi hlabelelayo inhliziyo e nosizi amagama, u njengohluta ingubo ngesikati samakaza nanjengumunyu pezu kwenitere.

21 Nxa isita sako si lambile, si funze ngesinkwa; nxa somile, si puzise amanzi.

22 Ngokuba wo qonga amalahle a vutayo ekanda laso, ko ti uJehova a ku vuze.

23 Umoya wa senyakato u ya leta imvula; futi nolimi olufihlayo lu leta ubuso obu nolaka.

24 Ku lungile ukuhlala egumbini pezu kwendhlu, ku nokuhlala nomfazi o nomsindo endhlini e hlanganyelweyo.

25 Izindaba ezinhle ezi vela ezweni elikatyana, zi njengamanzi amakaza kumpefumlo owomileyo.

26 Umuntu olungileyo o zanyazanyiswayo pambi komubi u njengomtombo odungekileyo, nomtonjana onakeleyo.

27 A ku lungile ukudhla izinyosi ezingi; njalo uku zihlolela udumo, ku nzima.

28 Umuntu, omoya wake o nge nakuvinjelwa, u njengumuzi o citiweyo o nge naludonga.

## ISAHLUKO 26.

NJENGONXQOQWANE ehlobo, nanjengemvula ngesikati sokuvuna, ku njalo udumo, a lu fanele isiula.

2 Njengenyoni ekundindeni njengenkonjane ekundizeni, njalo isituko ku ngeko cala a si yi kuza.

3 Idumbu elehashi, umkala owembongolo, noswazi o lomhlana wesiula.

4 U nga penduli isiula ngokobuula baso, funa u fane naso wena.

5 Pendula isiula njengobuula baso, funa si be ohlakanipileyo emehlweni aso.

6 O yi tumayo indaba ngesandhla sesiula, u nquma izinyawo, e puza uhlupo.

7 Imilenze yabaqugayo i ya lenga; u njalo umzekeliso emlonyeni wesiula.

8 Njengesikwama samatye amahle ematyeni a qongiweyo, u njalo o si nika isiula udumo.

9 Njengeva eli patwa esandhleni sodakiweyo, u njalo umzekeliso emlonyeni weziula.

10 Isikulu e sona bonke, si setyenzelwa isiula, si setyenzelwa na abahambayo.

11 Njengenja e buyela ebuhlanzweni bayo, njalo isiula so pinda ubuula baso.

12 U ya bona umuntu ohlakanipileyo emehlweni ake na, li kona itemba esiuleni ku naye.

13 Ovilapayo u ti, i kona ingonyama endhleleni, ibubesi li semendweni.

14 Njengesicapa si penduka ezinsimbini zaso, ovilapayo u yenza njalo okukweni lwake.

15 Ovilapayo u ya fihla isandhla sake esityeni, ku ya m kataza ukusibuyisela emlonyeni wake.

16 Ivila li ngohlakanipileyo emehlweni alo, ku nabayisikombisa abapendulayo.

17 Odhlulayo e tukutela enkanini e nge siyo eyake, u njengobamba izindhlebe zenja.

18 Njengohlanya olu ponsa imikonto etyisayo, nemisebe, nokufa.

19 U njalo o kohlisa owakelene naye, e buya e ti, a ngi dhlali na?

20 Nxa ku ngeko izinkuni, umlilo u ya cima; njalo uma ku ngeko onceteza-yo, inkani i ya pela.

21 Njengamalahle amnyama kuwo amalahle a vutayo, nezinkuni kuwo umlilo; u njalo o pikisayo ukubasa inkani.

22 Amazwi oncetezayo a njengabadhlalayo, noko a ya tyona esiswini ngapakati.

23 Izindebe ezityisayo nenhliziyo embi, zi yisiliva elenekwa esityeni sebumba.

24 Ozondayo u yaziwa ngezindebe zake, embilinini wake u ya beka inkohliso.

25 Lapo enza li be mnandi izwi lake, u nga m kolwa; ngokuba ku kona izinengiso ezi isikombisa enhliziyweni yake.

26 Inzondo i yambata inkohliso, inkohlakalo yake yo bonakaliswa pambi komhlangano wonke.

27 Ombayo umgodi, u za kuwa pakati kwawo: o li ginqa itye, lo buyela pezu kwake.

28 Ulimi olu namanga lu ya ba zonda aba pohlozwa ilo; nomlomo o butyelezi u sebenza ukucitakala.

## ISAHLUKO 27.

UNGA zigabiseli ngangomuso; ngokuba a u kwazi oku za ku veliswa usuku.

2 Omunye ma ka ku bonge, ku nga bi umlomo wako; umfo, ku nga bi izindebe zako.

3 Itye li nzima, nesihlabati si ya sinda; kodwa ukukatazwa isiula ku nzima kuko kokubili.

4 Intukutelo i nonya, ulaka lu ya pupuma; kodwa ubani o ngema pambi komona na?

5 Ukukuza okusobala ku lungile ku notando olufihlekileyo.

6 Izigalelo zotandayo zi kolekile; kepa ukwanga kwesita ku yanda.

7 Umpefumlo o sutiyo u ya nengwa uju; kodwa kumpefumlo olambayo, konke okubabayo ku mnandi.

8 Njengenyoni edukayo esidhlekeni sayo, u njalo umuntu e duka endaweni yake.

9 Amafuta nempepo a jabulisa inhliziyo; bu njalo ubumnandi bomhlobo womuntu obu puma enhliziyweni.

10 Isihlobo sako, nesihlobo sika yihlo u nga si shiyi; futi u nga ngeni endhlini yomfo wenu ngesikati sokuhlupeka kwako; muhle owakelene nawe o seduze ku nomfo o kude.

11 Ndodana yami, qondake, u yi tokozise inhliziyo yami, ukuze ngi m pendule o ngi jezisayo.

12 Umuntu oqondileyo u ya yi bona ingozi, a zifihle; aba iziula ba dhlula ba hlauliswe.

13 Tabata ingubo yake o mele umfo, na ngenxa yesifebe, mu bope ngesihlaulo.

14 O bonga umhlobo wake ngezwi elikulu ekuseni, ku ya kutiwa isituko kuye.

15 Ukutonsa njalo ngosuku lwemvula, nomfazi wezinkani ku ya fana kokubili.

16 O m vimbelayo u ya vimbela umoya, ku ti e sobunene si fika emafuteni.

17 Insimbi i ya cidjisa insimbi, njalo umuntu a nga cidjisa ubuso bomhlobo wake.

18 O gcinayo umkiwane wo zidhla izitelo zawo; naye o linda inkosi yake wo dunyiswa.

19 Njenga loku emanzini ubuso bu sebusweni, njalo, inhliziyo yomuntu kumuntu.

20 iSheoli nempelelo a ku suti; ku njalo amehlo omuntu a ka suti.

21 Imbiza yokuncibilikisa e yesiliva, nesitando esegolide; u njalo umuntu emlonyeni wokubongwa kwake.

22 Uma u gaya isiula ngembokondwe etyeni lokusila pakati kwezinhlamvu ezicoboziweyo, ubuula baso a bu yi ku muka kuso.

23 Qapelisisa ukuma kwemihlambi yako, u beke kahle imihlambi yako.

24 Ngokuba ingcebo a i yi ku hlala ku ze ku be pakade; nomcele a u yi ku hlala ngezizukulwane nezizukulwane.

25 Utyáni bu ya muka, ku bonakale obuluhlaza, ku butwe nemifino yezintaba.

26 Izimvwana zi ngukwambatiswa kwako, nezimpongo zi yintengo yezwe.

27 Ko ba kona ubisi lwezimbuzi olwenele ukudhla kwako, nokudhla kwendhlu yako, nokupila kwezintombi zako ezikonzayo.

## ISHALUKO 28.

ABABI ba ya baleka kungeko muntu o ba sukelayo; kepa abaqoto ba nesibindi njengebubesi.

2 Ngenxa yokona kwezwe maningi amakosi alo: kepa ngomuntu wokuqonda nokwazi, izwe li ya kuma njalo.

3 Umuntu ompofu o ba hlupayo ababunce u njengemvula ekukulayo ku ze ku nga biko ukudhla.

4 Abadelayo umteto ba ya bonga ababi; kodwa aba wu gcinayo ba ba vukele.

5 Abantu ababi a ba qondi ukwahlula; kodwa abamfunayo uJehova ba ya qonda konke.

6 Umpofu o hamba ngobuqoto bake, muhle kuye o pambene ngezindhlela zake, noko e cebile.

7 O wu tandayo umteto u indodana eqondayo; kodwa o hambana nabantu abacitayo, u ya m telela uyise ihlazo.

8 O yandisayo ingcebo yake ngeselekelo nangesanezelo, wo yi busela ukupiwa abampofu.

9 O yi pendulayo indhlebe yake ukuba i ngezwa umteto, ukukuleka kwake ko ba isinengeko.

10 Odusayo abalungileyo endhleleni embi, wo wa yena egebeni lake; kepa abalungileyo ba ya kuzuza okuhle.

11 O cebileyo u hlakanipile emehlweni ake; kodwa ompofu o nokuqonda u ya ku m hlola.

12 Nxa abalungileyo be jabula, ukucoka ku kulu; kanti ekuvukeni kwababi, umuntu u ya baca.

13 O fihla isono sake, a ka yi ku tola inhlanhla; kodwa o zi bikayo a zi shiye, wo tola umusa.

14 U busisiwe o wesaba ngezikati

zonke; kepake o yenza inhliziyo yake i be lukuni, u ya kuwa ebubini.

15 Umbusi omubi pezu kwabantu abampofu, u yingonyama e bodhlayo, nebere elihahayo.

16 Inkosi e nge nakuqonda i vama ekukatazeni; kanti ozonda ukufisa, u ya kwandisa imihla yake.

17 Umuntu o sindezelwa igazi lompefumlo, ma ka baleke, a ye emgodini; a nga tintwa muntu.

18 O hambayo ngokulungisa wo sinda; kepa o pambene ngezindhlela zake, wo wela kwenye yazo.

19 O limayo umhlabati wake, wo suta isinkwa; kepa o landela abangaqondile, wo suta ubumpofu.

20 Umuntu weqiniso wo busiswa kakulu; kepa o tyetya ukucela u ya konakala.

21 Ukunaka ubuso a ku lungile; ngokuba ngenxa yesinkwana, umuntu u ya ku pambeka.

22 Umuntu o neso elibi u tyetyela ingcebo; e nga qondi ukuti ubumpofu bo m fikela.

23 Olulekayo emuva wo tola umusa ku naye otobozayo ngolimi lwake.

24 Yena o panga uyise nonina e ti, A ku cala, u ngumgane wocitayo.

25 O zidhlayo ngompefumlo wo vusa inkani; kepa o temba kuJehova, wo sutiswa.

26 O yi tembayo eyake inhliziyo u yisiula; kodwa o hamba ngokuhlakanipa wo kululwa.

27 O nika ompofu a ka yi ku swela, kepa o cimeza amehlo ake, izituko eziningi zo m fikela.

28 Nxa ababi be vuka, abantu ba ya zibacisa; kepa nxa be buba, abaqoto ba yanda.

## ISAHLUKO 29.

UMUNTU o lulekwa kaningi e yenzintamo yake i be lukuni; wo fohlozwa masinyane, ku nga biko ukusinda.

2 Ekwandeni kwabalungileyo abantu ba ya jabula; kodwa ku busa ababi, abantu ba ya kala.

3 Umuntu o tanda ukuhlakanipa wo jabulisa uyise; kepa o kolana nezifebe wo cita ingcebo.

4 Inkosi ngokwahlula i ya qinisa izwe; kepa o yamukela iminikelo u ya li cita.

5 O teleza amazwi ngakuye o wakelene naye, u yenekela isihibe ngasezinyaweni zake.

6 Ekupambekeni komuntu omubi, si kona isihibe; kepa olungileyo wo hlabelela etabe.

7 Olungileyo u yazi indaba yezimpofana; kodwa omubi a ka yi ku qonda ukwazi.

8 Abantu bokuhlekisa ba ya vutela ulaka emuzini; kodwa abahlakanipileyo ba ya buyisa ulaka.

9 Umuntu ohlakanipileyo e ya ecaleni kanye nomuntu o isiula; wo tukutela a hleke, kodwa akuko ukupeza.

10 Abantu begazi ba ya kuzonda olungileyo; kepa abaqoto bo wu funisisa umpefumlo wake.

11 Isiula si ya kupumisa lonke ulaka lwaso; kodwa emuva oqondileyo wo linga uku lu tambisa.

12 Umbusi u ya yi lalela indaba yamanga na? Zonke izinceku zake zimbi.

13 Ompofu nomuntu wempango ba ya hlangana; uJehova u ya kanyisa amehlo abo bobabili.

14 Inkosi e bahlula abampofu ngokulungisa, isihlalo sobukosi bayo, so qiniswa ku ze ku be pakade.

15 Uswazi nokululeka ko nika ingqondo; kanti umntwana e yekwa nje wo tela unina ihlazo.

16 Nxa banda ababi, ukona ku yanda; kodwa abalungileyo bo bona ekuweni kwabo.

17 Luleka indodana yako, yo ku pumuza, yebo yo tokozisa umpefumlo wako.

18 Nxa si ngeko isibonakaliso, abantu ba yonakala; kepa yena o londa umteto, u busisiwe.

19 Inceku a i yi ku lulekwa ngamazwi; noko e zwa, a ka yi ku pendula.

20 U ya bona umuntu o tyetya ekukulumeni kwake, ku kona itemba esiuleni, ku naye.

21 O yondhla kahle inceku yake, kwa sebuntwaneni, yo ba indodana yake ekupeleni.

22 Umuntu o nolaka wo vusa inkani, no vuta ngentukutelo wo vama ukupambeka.

23 Ukuzidhla komuntu ko m ehlisela pansi; kodwa umoya otobekileyo wo zuza udumo.

24 O hlanganyela isela u ya wu zonda umpefumlo wake; u yezwa isituko kepa a ka si naki.

25 Ukwesaba abantu ko beka isihibe; kodwa o temba kuJehova wo gcinwa.

26 Baningi aba funa ubuso bombusi;
kepa ukulunga komuntu ku vela ku-
Jehova;
27 Umuntu onakalayo u isinengiso
kwabalungileyo; kanti o qonda nge-
ndhlela u isinengiso kwababi.

## ISAHLUKO 30.

AMAZWI ka Aguri indodana yake o
wa lalelwa eMasa; Ya tyo njalo
indoda, Ngi kutalele uTixo, ngi kutalele
uTixo, se ngi pezile.
2 Ngempela ngi nobuula pezu kwa-
bantu bonke, a ngi nakuqonda komu-
ntu.
3 Be ngi nga fundi ukuhlakanipa be
ngi nga kwazi ukwazi ngOyingcwele.
4 Ubani o wenyukela ezulwini, no we-
hlela na? Ubani o butele umoya eza-
ndhleni zake na? Ubani o bopile ama-
nzi engutyeni na? Ubani o misile yo-
nke imikaulo yomhlaba na? Igama la-
ke li ngubani; negama lendodana yake
li ngubani, uma u ya lazi na?
5 Onke amazwi ka Tixo a hlanzekile,
u isihlangu sabo aba m etembayo.
6 U ngenezeli amazwi ake, funa a
ku jezise, u funyanwe u ngowamanga.
7 Izinto ezimbili ngi zi celile kuwe, u
nga zi godhli kimi ngi nga ka fi.
8 Susa kude nami amanga namace-
bo; U nga ngi niki ubumpofu ne-
ngcebo; ngi funze ukudhla okungabe-
lweyo.
9 Funa ngi sute, ngi kwale, ngi ti,
uJehova u ngubani na? funa ngi be
mpofu, ngebe, ngi lone igama lika Tixo
wami.
10 U ngenze ukuba inceku i nceteze
inkosi yayo; funa i ku tuke, u funya-
nwe u necala.
11 Ku kona isizukulwane esi tuka
uyise, esi nga busisi nonina.
12 Ku kona isizukulwana esimhlope
emehlweni aso, esi nga hlanzwanga ensi-
leni yaso.
13 Ku kona isizukulwana, yeka ukuzi-
dhla kwamehlo aso, nezinkope zaso zi
pakeme!
14 Ku kona isizukulwana, amazinyo
aso a izinkemba, namazinyo omhlati a
imimese yokubadhla abahlupekayo bo-
mhlaba nabampofu ebantwini.
15 Isimungunyigazi si nezintombi ezi-
mbili ezityo ukuti, Si pe; si pe. Ku ko-
na izinto ezintatu ezi nge nakusuta, ezine
ezi nga tyo, ukuti, kwanele.
16 iSheoli; nezala elivaliweyo; umhla-
bati onga kolwa amanzi; nomlilo o nge
tyo, ukuti kwanele.
17 Iso eli hleka uyise, neli dela ukula-
lela unina, izingwababana ezi sezigodini
zo li kipa; namazinyane amanqe o li
dhla.
18 Ku kona izinto ezintatu ezi ngahlu-
layo, yebo ezine e ngi nga zaziyo.
19 Indhlela yenqe emoyeni; indhlela
yenyoka edwaleni; indhlela yomkumbi
pakati kolwandhle; nendhlela yendoda
entombini.
20 I njalo indhlela yesipingikazi; si
dhla, si sula umlomo waso, si ti, A nge-
nzanga okubi.
21 Ngapansi kwezinto ezintatu izwe li
ya zamazama, na ngenxa yezine li nge
zipakamise.
22 Ngapansi kwenceku uma i busa;
nesiula uma si suta ukudhla.
23 Ngapansi kwesifazana esi zondeka-
yo nxa senda; nencekukazi nxa i umu-
dhli wefa wenkosikazi yayo.
24 Ku kona izinto ezine ezincinyane
emhlabeni, kanti zi hlakanipile kakulu:
25 Izintutane zi isizwe esi nge nama-
ndhla, noko zi ya zilungisela ukudhla
kwazo ehlobo;
26 Izimbila zi isizwe esi butakataka,
kanti zi yaka izindhlu zazo ematyeni;
27 Izinkumbi a zi nankosi, kanti zi ya
puma zonke zi za hlukanise ngamaviyo;
28 Isibankwa si ya bamba ngezandhla
zombili, si sezigodhlweni zenkosi.
29 Ku kona izinto ezintatu ezi nyatela
kahle, yebo, ezine ezi lungisa ukuhamba;
30 Ibubesi eli namandhla ezilwaneni, a
li yi ku buyela emuva ebusweni bazo
zonke;
31 Inja empunga; nempongo, nenkosi
oku ngeko uku melana nayo.
32 Nxa wenzile ngobuula ekuzipaka-
miseni; noma u qondile okubi ngesa-
ndhla emlonyeni.
33 Ngokuba ukucindezelwa kwamasi
ku veza amafuta alukuni, nokucindeze-
lwa kwempumulo ku veza izingazi; nja-
lo ukucindezelwa kolaka ku veza inkani.

## ISAHLUKO 31.

AMAZWI ka Lemueli inkosi ya seMa-
sa, o be ku fundiswe unina.
2 Yini ndodana yami! yini ndodana
yezala lami? yebo yintoni ndodana yezi-
fungo zami na?
3 U nga niki amandhla ako esifazane-
ni, u nga niki izindhlela zako kokubu-
bisa amakosi.

4 A siko okwamakosi, Lemueli! a siko okwamakosi ukupuza iwaini, a siko okwezikulu ukupuza oku namandhla.
5 Funa a puze, a wu kohlwe umteto; onakalise indaba yabo bonke abahlupekayo.
6 Nika ukupuza oku namandhla ko za ku fa; newaini kwaba nosizi lwenhliziyo.
7 Ma ka puze, a kohlwe ubumpofu bake; a nga kumbuli nakanye inhlupeko yake.
8 Kulumela abayizitulu, nendaba yezintandane zonke.
9 Vula umlomo wako ukwahlulela kahle, yebo tetelela aba nosizi nabampofu.
10 Ngubani o nga m funyana umfazi otembekayo na? Ngoba inani lake li ya hlula kakulu amaperele.
11 Inhliziyo yendoda yake i ya temba kuye, nenzuzo a i yi ku sweleka.
12 Wo m enzela okuhle, ku nga bi okubi, imihla yonke yokupila kwake.
13 U ya funa uboya neflaksi, u ya sebenza ngezandhla ezivumayo.
14 U njengemikumbi yomtengi; u ya ku tabata na kude ukudhla kwake.
15 U ya vuka ku sebusuku, a ba pe abendhlu yake ukudhla, nezincekukazi zake okwabelwa zona.
16 U ya qonda insimu, a yi zuze; ngesitelo sezandhla zake, kuko ukutyalwa kwensimu yesinwazi.
17 U ya binqa ukalo lwake ngamandhla, u ya qinisa izingalo zake.
18 U ya bona ukuba intengo yake i lungile; isibani sake a si cimi na sebusuku.
19 U ya beka izandhla zake kulo isondo, nezimpama zake zi ya bamba ispindeli.
20 U ya ba vulela abahlupekayo izandhla zake; u ya babela abampofu.
21 A kesabi ngabendhlu yake ngenxa yongqoqwane; ngoba abendhlu yake bonke bembeswa ngendwangu ebomvu.
22 U ya zenzela izingubo zokwendhlala; ilineni elihle nezindwangana ezibomvu zi ngukuvata kwake.
23 Indoda yake i yaziwa emasangweni, nxa i hlezi namalunga ezwe.
24 U ya sebenza elinenini elihle, a tengise ngalo; futi u ya nikela kubatengi izibamba.
25 Amandhla nodumo a ngukuvata kwake; u ya si hleka isikati esizayo.
26 Umlomo wake u ya wu vula ngokuhlakanipa; nomteto wobubele u solwimini lwake.
27 U ya yi bonela imihambo yabendhlu yake, a ka si dhli isinkwa sobuvila.
28 Abantwana bake ba suka, ba m biza ngobusisiweyo; indoda yake nayo i m babaze.
29 Amadodakazi amaningi enzile ngokutembeka, kepa wena wa wahlula onke.
30 Ubuhle bu yinkohliso, nokubukeka ku ize; kodwa isifazana esi m sabayo uTixo, so batyazwa.
31 Mu dumiseni ngokwemisebenzi yezandhla zake; nabantu bo m dumisa emasangweni ngenxa yokwenza kwake.

---

INCWADI KA SOLOMONA E TIWA

# UMSHUMAYELI.

## ISAHLUKO 1.

AMAZWI omshumayeli, indodana ka Davida, inkosi eJerusalema.
2 Ize leze, u tyo, umshumayeli; ize leze konke ku ize.
3 Ku inzuzoni kumuntu emsebenzini wonke wake a u sebenzayo pansi kwelanga na?
4 Isizukulwane si ya dhlula ku vele esinye isizukulwane, kodwa umhlaba u mi pakade.
5 Ilanga li ya puma, ilanga li tyone, li tyetye li ye endaweni lapa li vela kona.
6 Umoya u ya ngaseningizimu, u buye u ye ngasenyakato, umoya u ya zungeza njalo u buye u penduke futi njengokuzungeza kwawo.
7 Imifula yonke i ya ngena elwandhle noko ulwandhle a lu gcwali endaweni lapa imifula i vela kona i buyela kona futi.
8 Konke ku ya kataza, umuntu a nge ku kulume; iso a lesuti ngokubona nendhlebe a i gcwali ngokuzwa.
9 Okwa ke kwa ba kona ko ba kona futi nokwa ke kwenziwa ku ya kwe-

nziwa futi. Akuko okutya pansi kwe-
langa.
10 I kona into oku nga tyiwo ngayo
bheka intya! Kwa ku kona na sendulo,
ngesikati e sa si nga pambili kwetu.
11 Akuko ukukunjulwa kwezinto e za
zi pambili, akuko ukukunjulwa kwe-
zinto ezizayo ku bona, a ba ya ku vela:
12 Mina, mshumayeli nga ngi inkosi
pezu kwabaIsraeli eJerusalema.
13 Nga nika inhliziyo yami ukufuna
nokuhlola ngokuhlakanipa, konke okwe-
nziwa pansi kwezulu, lomsebenzi o no-
sizi uTixo u wu nikile kumadodana
abantu ukuba ba hlupeke ngawo.
14 Ngi bonile imisebenzi yonke e ye-
nziwa pansi kwelanga; bhekake konke
ku ize, inkatazo yenhliziyo.
15 Loku, oku isigwegwe ku ngenziwe
ku qonde ku ti ntse; nokungeko ku nge
balwe.
16 Nga kuluma nenhliziyo yami nga
ti, bheka, ngi kulile, ngi hlakanipile ku
nabo bonke aba be ngapambili kwami
eJerusalema: yebo, inhliziyo yami ya
ba nokwazi kokuhlakanipa nokuqonda.
17 Nga nikela inhliziyo yami ekwa-
zini ukuhlakanipa, na sekwazini uku-
ngahlakanipi nobuula: Ngezwa ukuba
na loku ku inkatazo yenhliziyo.
18 Ngokuba ku kona usizi olaningi
ekuhlakanipeni okuningi: naye okwa-
ndisisayo ukuhlakanipa wandisa uku-
dabuka.

ISAHLUKO 2.

NGI ti enhliziyweni yami wozake, ngo
ku linga ngokwenama, ngako yizwa
intokozo; bheka naloku ku ize.
2 Nga ti, ngokuhleka, ku ukuhlanya:
nokwenama ku sizani na?
3 Nga funa enhliziyweni yami uku-
zikuza ewainini nga kalima inhliziyo
yami ngokuhlakanipa, nokubamba ubu-
ula ngi ze ngi bone okuhle kumadodana
kaAdamu okufanele a kwenze pansi kwe-
zulu ezinsukwini zonke zokupila kwawo.
4 Nga sebenza imisebenzi emikulu,
nga zaka izindhlu nga tyala izivini, na-
masimu, nezindawo ezinhle.
5 Nga tyala kona imiti e nezitelo ze-
zinhlobo zonke.
6 Nga zenzela iziziba zamanzi, uku-
netisa ihlati eli vame imiti.
7 Nga zifunela izinceku nezinceku-
kazi nga ba neza zalwa endhlini yami.
Nga fuya kakulu izinkomo nezimvu
kunabantu bonke aba be pambi kwami
eJerusalema.
8 Nga zibutela futi isilva negolide
imfuyo enqabileyo yamakosi ingcebo
yamazwe, nga zibizela abahlabeleli abe-
silisa nabesifazana nentokozo e ketiweyo
yamadodana kaAdamu ya ba e yami,
ukuti umfazi yebo nabafazi.
9 Njalo nga ba omkulu, nganda ku na-
bo bonke aba be ngapambili kwami eJe-
rusalema. Ukuhlakanipa kwami kwe-
ma nami.
10 Loko amehlo ami a kutandayo a
ngi ku yekanga a ngi yi kalimanga inhli-
ziyo yami entokozweni. Inhliziyo yami
ya jabula emsebenzini wonke wami:
Loku kwa ku inzuzo yami kuyo yonke
imisebenzi yami.
11 Kona nga bheka imisebenzi yonke
enziwe izandhla zami na loku konke e
ngi kwenzileyo: bheka konke kwa ku
ize, inkatazo yenhliziyo. Ayiko inzuzo
pansi kwelanga.
12 Nga buya nga cabanga ngokuhla-
kanipa nobuula na ngokuhlanya, ngo-
kuba olandela inkosi a ngenzani na?
Loku o be se kwenziwe nga pambili.
13 Njengokuba ukukanya ku ya dhlula
ubumnyama, njalo nga ti ukuhlakanipa
impela ku dhlula ubuula.
14 Amehlo omuntu ohlakanipileyo a
kona ekanda lake kodwa isiula si ha-
mba ebumnyameni; Ngezwa ukuba into
inye e yehlela bonke.
15 Kona nga ti enhliziyweni yami,
okwehlela isiula kwehlela nami, ngi
hlakanipile ngantoni po na? Nga ti
enhliziyweni loko ku ize futi.
16 Akuko ukukunjulwa kohlakanipi-
leyo ku nesiula nakanye ngokuba oku
kona manje, ezinsukwini ezi zayo, se ku
ya ku kohleka konke. Ohlakanipile u
fa kanjani na? njengoisiula.
17 Konake nga zonda ukupila umsebe-
nzi o setyenzwa nga pansi kwelanga u
lusizi kimi: loko konke ku ize: inkatazo
yenhliziyo.
18 Yebo nga zonda umsebenzi wonke
wami e nga u sebenzayo pansi kwelanga
ngokuba ngi ya ku wu shiya kumuntu
o ya kuba kona emva kwami.
19 Ubani o waziyo ukuba u ya kuba
ohlakanipileyo noma o isiula noko u ya
kubusa pezu kwako konke ukwenza
kwami e ngi kwenzileyo na loku e ngi
bonisile ukuhlakanipa kwami kuko pa-
nsi kwelanga naloko ku ize.
20 Njalo nga kwalusa kwa za kwa
hlupa inhliziyo yami ngomsebenzi wo-
nke e ngu sebenzileyo pansi kwelanga.

21 Ku njalo u kona umuntu omsebe-
nzi wake u ukuhlakanipa nokwazi no-
buqoto noko u ya ku u shiya kumuntu
o nga u sebenzanga u be isabelo sake.
Loku ku ize futi.
22 Ku salani kumuntu emsebenzini wo-
nke wake a u sebenzile pansi kwelanga
na senkatazweni yenhliziyo yake na?
23 Loku izinsuku zonke zake zi nobu-
hlungu, nomsebenzi wake u lusizi. Ye-
bo, inhliziyo yake a i pumuli ebusuku.
Naloku ku ize.
24 Akuko ukulunga kumuntu ukuba
a dhle a puze nokuba umpefumlo wake
u be nokwenama emsebenzini wake.
Naloku futi nga ku bona ukuba ku vela
esandhleni sika Tixo.
25 Ubani o nga dhla, a tyetye kuko
kunami na?
26 Kuye uTixo u fumene umusa ebu-
sweni bake u ya nika ukuhlakanipa, no-
kwazi, nokujabula kodwa kuso isoni u
ya nika ukuhlupeka okukulu, ukuba a
butele, a sebenzele umuntu a m tanda-
yo uTixo. Loku ku ize inkatazo ye-
nhliziyo.

## ISAHLUKO 3.

KUKO konke ku kona isikati, no-
mzuzu, emisebenzini yonke pansi
kwezulu.
2 Si kona isikati sokuzalwa, nesikati
sokufa; isikati sokutyala, nesikati soku-
sipula loko okutyaliweyo:
3 Isikati sokubulala, nesikati sokupi-
lisa, isikati sokucita, nesikati sokwaka;
4 Isikati sokukala, nesikati sokuhleka;
isikati sokulila, nesikati sokusina:
5 Isikati sokuhlakaza amatye, nesikati
sokuwabuta amatye; isikati sokugona;
nesikati sokungagoni:
6 Isikati sokufuna, nesikati sokulahla;
isikati sokugcina: nesikati sokudela,
7 Isikati sokuhxebula, nesikati sokutu-
nga, isikati sokutula, nesikati sokuku-
luma;
8 Isikati sokutanda, nesikati sokuzo-
nda, isikati sokulwa, nesikati sokutula.
9 U zuzani osebenzayo kuko a zama
ngako?
10 Ngi bonile umsebenzi uTixo a u
nike abantwana babantu ukuba ba sebe-
nze kuwo.
11 U kwenzile konke ku be kuhle esi-
katini sako u misile okupakade ezi-
nhliyweni zabo kanjalo amuko umuntu
o nga qondisisa umsebenzi o wenziwa
uTixo, kwa sekuqaleni ku ze ku be se-
kupeleni.
12 Ngi yazi akuko buhle kuko ku-
pela ukwenama nokwenza okuhle eku-
pileni.
13 Futi nokuba abantu bonke ba dhle,
ba puze bezwe ubumnandi bomsebenzi
wonke wabo: ku isipo sika Tixo.
14 Ngi yazi loku a kwenzayo uTixo
ko ba ko ku ze ku be pakade. A ku
nge nezelelwe luto kuko a ku nge suswe
luto kuko uTixo u ya kwenza loku uku-
ba abantu besabe pambi kwake.
15 Loko o kwa ku kona, ku se kona
na kaloku, naloko o ku za ba ko kade
kwa ba kona: uTixo u funa o ku dhlu-
lileyo.
16 Futi nga bheka pansi kwelanga
indawo yokwahlulela, kwa ku kona
e yobubi ne yokulunga, kwa ku kona
isono.
17 Nga ti enhliziyweni yami uTixo u
ya ku ba hlulela abalungileyo nabanga-
lungile, ngokuba si kona isikati esimisi-
weyo sokucabanga konke, nesomsebenzi
wonke.
18 Nga ti enhliziyweni yami ngoku-
hlala kwamadodana ka Adamu, uTixo a
nga bazisa ukuba ba zibone ukuba ba
izilwane.
19 Ngokuba loko okwehlela amadoda-
na abantu kwehlela nezilwane into inye
i kwehlela kokobili njengokuba be buba
zi ya buba nazo, yebo umpefumlo mu-
nye, kuko konke, ngako umuntu a ka
si dhluli isilwane ngokuba konke ku ize.
20 Konke ku ya ndawonye, konke
ku umhlabati ku ya kubuyela emhla-
batini.
21 Ubani o waziyo umoya womuntu o
wenyukela pezulu na? Nowesilwane o
wehlela pansi emhlabatini na?
22 Ngaloko ngi ya bona akuko okuhle
kunokuba umuntu enamе emisebenzini
yake, loku ku isabelo sake; ngokuba
ubani o ya ku mazisa loku oku ya ku ba
kona emva kwake na?

## ISAHLUKO 4.

NGA buya nga bhekisisa izinhlupo zo-
nke ezenziwayo pansi kwelanga,
nga bona izinyembezi zabo abahlutywa-
yo, ba be nge naye umduduzi na sesa-
ndhleni saba ba hlupayo kwa ku kona
amandhla; kodwa bona ba be nge na-
mduduzi.
2 Konake nga ba bonga a se ba fa a ba
kade ba fa ku nabo abapilileyo aba se
kona.
3 Yebo u lungile ku nabo bobabili lo-

wo o nga ka bi ko o nga ka boni umsebenzi o nga lungile o wenziwa pansi kwelanga.

4 Nga buya nga qonda umsebenzi wonke, nenhlanhla yomsebenzi umuntu a m zonda ngayo umakelwane wake. Naloku ku ize, inkatazo yenhliziyo.

5 Isiula si songa izandhla zaso, si zidhle umzimba waso.

6 Si ti isandhla si sinye si gcwele kanye nokuhlala kahle sihle ku nezandhla zombili zi gcwele zi nomsebenzi nenkatazo yenhliziyo.

7 Konake nga buya nga qonda nga bona o ku ize pansi kwelanga.

8 Ku kona munye amuko owesibili a ka namntwana a ka namfo wabo, noko a u peli umsebenzi wake, neso lake a lesuti ngengcebo a ka tyo nokuti ngi sebenzela ubani ngapuca umpefumlo wami intokozo na? naloko ku ize ku luhlupo olukulu.

9 Ababili bahle ku noyedwa ngokuba ba tola umvuzo olungileyo ngomsebenzi wabo.

10 Uma be wa, omunye u ya m pakamisa umgane wake, kodwa au kuyena o yedwa ekuweni kwake ngokuba omunye a ka naye owokumvusa.

11 Uma ababili be lele ndawonye ba nokufudumala kodwa o yedwa a nga fudumala kanjani na?

12 Nxa omunye e meyisa ababili ba ya kumelana naye nentambo emicu mitatu a i tyetyi ukugqatyuka.

13 Umntwana ompofu, nohlakanipileyo u lungile ku nenkosi endala, e isiula e nga sa vumi ukululekwa.

14 Ngokuba omunye u puma endhlini yokubotywa, kanti omunye ozelwe ebukosini a be mpofu.

15 Nga bheka abapilileyo bonke be hamba ngokuzidhla pansi kwelanga. Kanye nesizukulwane sesibili esi ya ku ngena esikundhleni sabo.

16 Akuko ukupela kubantu nabapambili kwabo nabo aba ya ku vela ngasemva kwabo a ba yi ku tokoza kubo. Ngeqiniso loku ku ize ukuxotya umoya nje.

## ISAHLUKO 5.

GCINA unyawo lwako ekuhambeni kwako ukuya endhlini ka Tixo, sondela ukuba u zwe ku nokuba u nikele umnikelo weziula, a zi qondi ukuba zenza okubi.

2 U nga pangisa ngomlomo wako nenhliziyo yako ma i nga tyetyi ukupimisela amazwi ebusweni buka Tixo, ngokuba uTixo u sezulwini, u semhlabeni wena, ngaloko amazwi ako ma be incozana.

3 Njengokuba ipupo li vela ngobuningi bomsebenzi kodwa izwi lesiula li vela ngokuvama kwamazwi.

4 Uma u funga isifungo kuTixo u ngepuzi ukusifeza, a ka tokozi ngeziula; feza kambe njengaso isifungo sako.

5 Ku lungele, u nga fungi ku nokuba u funge, u nga fezi.

6 U nga vumeli umlomo wako ukuba u yenze inyama yako yone, u nga tyo pambi kwesitunywa ukuba ku ukupambuka, u menzelani uTixo a tukutele ngezwi lako a bulale umsebenzi wezandhla zako na?

7 Noma ku vame amapupo, namazwi amaningi, noku ize, kodwa ma u mesabe uTixo.

8 Uma u bona ukuhlutywa kwabampofu nokupambukiswa kokulunga nokokwahlulela ezweni, u nga mangali ngako; ngokuba o pezu kwabo bonke u ku lindile ku kona aba pezu kwabo.

9 Loku inzuzo yomhlabati, e yabo bonke; nenkosi i ya zuza ngezwe.

10 Otandayo isiliva a ka yi ku koleka isiliva notandayo ingcebo nenzalo: Naloku ku ize.

11 Uma ingcebo yanda ba yanda nabayidhlayo. Inzuzoni kubanininyo kupela uku yi bona ngamehlo abo nje.

12 Ubutongo kosebenzayo bumnandi noma e dhle oku incozana noma oku ningi: kodwa ubuningi bocebileyo a bu m vumeli a lale ubutongo.

13 Ku kona ububi obukulu e ngi bu bonileyo pansi kwelanga, ukuti ukuceba ku gcinelwe abaniniko ku be ukonakala kubo.

14 Kodwa ingcebo leyo i ya citeka, ngomsebenzi omubi u zala indodana i nga bi naluto esandhleni sayo.

15 Njengokupuma kwake esiswini sika nina wo muka eze njengokupuma kwake: a ka yi kutabata luto emsebenzini wake, na nga ku pata esandhleni sake.

16 Loku ku ububi obukulu ezintweni zonke, wo muka njengokufika kwake. U nanzuzoni o sebenzela umoya?

17 Zonke izinsuku zake u ya dhla ebumnyameni u nokudabuka okukulu, nosizi kanye nokugula kwake.

18 Bhekake, loku e ngi ku bonileyo

ku lungile ku hle ukudhla, ukupuza nokwenama okuhle kuwo wonke umsebenzi wake a u sebenzayo pansi kwelanga, izinsuku zonke uTixo a m nikileyo zona loku ku isabelo sake.

19 Abantu bonke uTixo u nikile kubo ingcebo nemfuyo, u nikile futi namandhla ukudhla kuko, nokutoba isabelo sake nokujabula emsebenzini wake. Loku ku isipo sika Tixo.

20 Ngokuba a ka yi kukumbula kahle izinsuku zokupila kwake ngokuba uTixo u ya m pendula ngokujabula kwenhliziyo yake.

ISAHLUKO 6.

KU kona ububi e ngi bu bonileyo pansi kwelanga; bu nzima kubantu.

2 Ukuba umuntu uTixo e m nikile ingcebo nemfuyo nodumo a ze a nga sweli luto kuko konke umpefumlo wake oku tandayo, kodwa uTixo, a ka m niki amandhla oku kudhla kanti ku dhliwa owezizwe. Loku ku ize, isifo esikulu, esibi.

3 Noma umuntu e zala amadodana a ikulu noma e pila iminyaka eminingi ewe ukupila kwake kwenezelwa ku be izinsuku e zi nge nakubalwa, umpefumlo wake u nga koleki okuhle, u nga bi natuna: ngi ti ozelwe ku nga ka bi isikati muhle impela ku naye.

4 Nokuba u ya vela e ize, a muke ebumnyameni negama lake li ya ku sityekelwa ubumnyama.

5 Nokuba a zange a li bone ilanga nokuba e nga zange azi luto u nokupumula kahle, kunalowo.

6 Yebo, nokuba e pila iminyaka e inkulungwane ku pindwe kabili e nga zange a bone okuhle. A ba yi endaweni inye bonke na?

7 Konke umuntu a ku sebenzayo ku okomlomo wake noko isisu sake a si suti.

8 Ohlakanipileyo u nantoni ku nesiula na? nompofu okwaziyo ukuhamba pambi kwabapilileyo na?

9 Kuhle ukubona kwamehlo ku nokuzula kompefumlo: Loku ku ize inkatazo yenhliziyo.

10 Loku into e se iko se kade ya qanjwa negama layo li yaziwa ukuba ku umuntu, nokuba a nge pike nonamandhla ku naye.

11 Loku amazwi maningi anda ngeze, umuntu u nanzuzoni na?

12 Ubani owaziyo loku oku fanele umuntu ku loku kupila na? izinsuku zonke zokupila kwake oku ize, a zi qedayo njengetunzi? Ubani o nga tyela umuntu loku oku ya kuba kona emva kwake pansi kwelanga na?

ISAHLUKO 7.

IGAMA elihle li lungile ku namafuta amnandi; nosuku lokufa ku nosuku lokuzalwa lwake.

2 Kuhle, ukuya endhlini yokulila ku nokuya endhlini yokudhla: Loku ku ukupela kwabantu bonke, nopilileyo u ya kukubeka enhliziyweni yake.

3 Ukudabuka kuhle ku nokuhleka ngokuba ngokudabuka kobuso inhliziyo i ya lungiswa.

4 Inhliziyo yolungileyo i sendhlini yokulila kodwa inhliziyo yeziula i sendhlini yokwenama.

5 Ku lungile kumuntu ukuzwa ukululeka kohlakanipileyo ku nokuba e zwe ukuhlabelela kweziula.

6 Njengokucacamba kwameva e pansi kwekanzi ku njalo nokuhleka kweziula. Naloku ku ize.

7 Impela ukusindezelwa ku ya m hlanyisa o hlakanipileyo nesipo si yonakalisa inhliziyo.

8 Ukupela kwento kuhle ku nokuqala kwayo nobekezelayo enhliziyweni ku noziqenyayo enhliziyweni.

9 U nga tyetyi ukutukutela enhliziyweni yako ngokuba ulaka lu hlala esifubeni seziula.

10 U nga tyo, ku ngani ukuba imihla yokuqala ya i imihle ku na le na? ngokuba a u buzi ngokuhlakanipa kuloku.

11 Ukuhlakanipa ku lungile ku kanye nefa; ba nenzuzo aba bona ilanga ngako.

12 Umtunzi wokuhlakanipa u njengomtunzi wemali: kodwa ukuhlakanipa okudhlulileyo, ngokuba ukuhlakanipa ku nika ukupila kwa ba nako.

13 Qonda umsebenzi ka Tixo, ngokuba ubani o ngelula loku a ku gobisileyo na?

14 Ngosuku lwenhlanhla jabula kodwa ngosuku lokuhlupeka u qonde uTixo u pam anisile omunye nomunye ukuba umuntu a nga fumani into ngasemva kwake.

15 Ngi bonile okuningi ezinsukwini zami zeze: u kona olungileyo obubelayo ekulungeni kwake, u kona nongalungile okwenezela ukupila kwake ebubini bake.

16 U nga zenzi olungileyo kakulu, futi u nga zenzi o hlakanipileyo kakulu ini ukuba a zibubise na?

17 U nga zenzi omubi kakulu, futi u nga zenzi isiula, ini ukuba u fe ku nga ka bi isikati sako na?

18 Kuhle ukuba u ku bambisise loku! yebo, u nga si buyisi isandhla sako kuko: ngokuba yena o mesabayo uTixo u ya kupepa kuko konke.

19 Ukuhlakanipa ku ya m qinisa ohlakanipileyo ku nawo amaqawe a ishumi a semuzini.

20 Impela amuko emhlabeni olungileyo owenza ukulunga o ngoniyo.

21 U nga laleli amazwi onke a kulunywayo funa u zwe inceku yako i ku tuka.

22 Ngokuba neyako inhliziyo i yazi ukuba nawe u ba tukile abanye abaningi.

23 Konke loku ngi ku hlolile ngokuhlakanipa: Nga ti ngi ya ku hlakanipa kodwa kwa ba kude nami.

24 Loku oku kude, nokujulileyo kakulu ubani o nga ku fumanayo na?

25 Nga buya nga fudumeza inhliziyo yami ukufunda, nokuhlola, nokufunisisa ukuhlakanipa, nengqondo, ukwazi isono nobuula nobupukupuku nokuhlanya.

26 Nga za nga fumana okubabayo ku nokufa umfazi onhliziyo yake i zi tiya i nemigibe: nezandhla zake zi izibopo: O tokozisa uTixo wo sinda kuye kanti isoni si ya ku banjwa uye.

27 Bheka loko ngi ku fumene u tyo umshumayeli ngi linganisa into inye nga inye ukuze ngi fumane iqiniso.

28 Loko umpefumlo wami u sa ku funa kodwa a ngi fumani: indoda inye pakati kwenkulungwane e ngi i fumeneyo kodwa umfazi a ngi m fumananga pakati kwabo bonke.

29 Bhekake, loko ngi ku fumene kupela, ukuti uTixo wa menza umuntu a lunge kodwa bona ba funile amacebo amaningi.

## ISAHLUKO 8.

UBANI o njengohlakanipileyo na? nowazi ukuhlazulula izwi? Ukuhlakanipa komuntu ku ya kanyisa ubuso bake, nobulukuni bobuso bake bu ya ku guqulwa.

2 Mina mlomo wenkosi ngi ya ku yala kahle njengesifungo sika Tixo.

3 U nga tyetyi ukupuma ebusweni bayo u nga qinisi indaba embi ngokuba u ya kwenza loko a ku tandayo.

4 Lapa li kona izwi lenkosi, a kona amandhla: ubani o nga tyo kuye intoni o yenzayo na?

5 O gcinayo isiyalezelo a ka yi ku zwa into embi kanti ohlakanipileyo enhliziyweni u ya qonda isikati, nokwahlulela.

6 Ngokuba kuwo wonke umsebenzi si kona isikati nokunqunywa kwawo, ngako ububi bomuntu bukulu pezu kwake.

7 Ngokuba e nga kwazi loko oku ya ku ba kona: ubani o nga m tyela ukuba ko ba koňa nini?

8 Amuko umuntu o namandhla pezu komoya uku wu bamba: a ka namandhla osukwini lokufa: akuko ukusinda ku loku kulwa nobubi a bu nako uku ba kulula aboni.

9 Loku konke ngi ku bonile lapo nga yi bekisisa inhliziyo yami emsebenzini wonke o wenziweyo pansi kwelanga, ukuti si kona isikati lapo umuntu u ya busa omunye umuntu ku be ukuzilimaza kuye.

10 Njalo ngi bonile ababi be mbelwa aba be vela, be muka endaweni e yingcwele, bona ba kohlakala emuzini lapo ba benze njalo: Loku ku ize.

11 Loku ukwahlulela umsebenzi omubi ku nga nqunywa ngokuzuma, ngako inhliziyo yamadodana abantu i gcwele imicabango yokubi.

12 Noma isoni sona, ku pindwe ku ze ku be ikulu nezinsuku zaso zenezelwa kanti noko ngi yazi impela ko ba kuhle kubona aba m sabayo uTixo, besaba pambi kwake.

13 Kodwa a ku yi ku ba kuhle kwababi a ba yi ku zenezela izinsuku zabo, ezi njengetunzi ngokuba a ba m sabi uTixo.

14 Ku kona oku ize okwenziweyo emhlabeni ukuti ku kona abalungileyo abehlelwa umsebenzi o njengo wababi: futi ku kona ababi abehlelwa umsebenzi o njengo wabalungileyo: Ngi ti loku ku ize.

15 Konake nga babaza ukwenama ngokuba umuntu e nge nako okuhle pansi kwelanga ku nokudhla a puze a tokoze ngokuba loko ku ya kuhlala kuye emisebenzini yake imihla yokupila kwake, a ku piweyo uTixo ngapansi kwelanga.

16 Msukwana nga yi bekisisa inhliziyo yami ukwazi ukuhlakanipa, nokuqonda umsebenzi o wenziweyo emhlabeni: (ngokuba ku kona o nga boniyo ubutongo ngamehlo ake imini nobusuku:)

17 Nga kangela umsebenzi wonke ka Tixo, umuntu a nge u fumane umsebenzi owenziweyo pansi kwelanga, loku nokuba umuntu e zama uku u funisisa a

ka yi ku u fumana, yebo futi noma ohlakanipileyo e ti ngi ya wazi noko a ka yi ku ba namandhla uku wazi.

## ISAHLUKO 9.

LOKU konke nga ku qonda enhliziyweni yami ukuba ngi kwazi konke loku: ukuti abalungileyo nabahlakanipileyo nemisebenzi yabo ba sesandhleni sika Tixo: amuko umuntu o lwaziyo utando, nenzondo kuko konke oku pambi kwake.

2 Konke kwehla ngokufanayo kubo bonke; isabelo sinye kubo bonke: kwaba qoto na kwababi kolungileyo nomhlope na ko ngcolileyo kuye o nikela umnikelo na kuye o nga nikeliyo olungileyo njengesoni nofungayo njengosabayo isifungo.

3 Loku ububi pakati kwenzinto zonke ezenziweyo pansi kwelanga, ukuba isabelo sinye kubo bonke yebo inhliziyo yamadodana abantu i gewele ububi: ukuhlanya ku kona enhliziyweni yabo be sa pila, ngasemva kwaloku ba ya ekufeni.

4 Ngokuba ku kona itemba kuye o hlangene nako konke okupilayo: inja e pilayo inhle ku nebubesi eli fileyo.

5 Abapilayo ba yazi ukuti ba za kufa, kodwa abafileyo abazi luto a ba yi ku ba namvuzo, ngokuba ukukunjulwa kwabo se ku kohlekile.

6 Se kupele utando lwabo, nenzondo yabo, nomona wabo, a ba se nako ukwabelwa nakanye ezintweni ezenziweyo pansi kwelanga.

7 Hambake u dhle isinkwa sako ngokujabula u puze iwaini lako ngenhliziyo eyenamileyo ngokuba kaloku uTixo u ya vuma imisebenzi yako.

8 Izivato zako ma zi be mhlope njalo nenhloko yako ma i nga sweli amafuta.

9 Hlala ngokwenama nomkako o m tandayo zonke izinsuku zokupila oku ize a ku nikele zona pansi kwelanga, izinsuku zonke zeze zako. Loku ku isabelo sako, ku loku kupila na semsebenzini wako owenzayo pansi kwelanga.

10 Konke isandhla sako e si ku fumanayo kwenze ngamandhla ako, ngokuba ku ngeko umsebenzi, necebo, nokwazi, nokuhlakanipa, etuneni lapo u ya kona.

11 Nga buya, nga bona, pansi kwelanga ukuba ijubane aliko kwabagijimayo, nokulwa kwaba namandhla, nesinkwa kwabahlakanipileyo nengcebo kwaba nokuqonda, nomusa kwaba nobuqili, kodwa bonke behlelwa isikati nenhlanhla.

12 Ngokuba umuntu e nga sazi isikati sake, njengezinhlanzi ezi badjwa eneteni elibi na njengezinyoni ezi bambeka esifwini; ku njalo amadodana a ka Adamu a ya badjwa uma li fika ihora elibi kubo ngokubazuma.

13 Lokukuhlakanipa futi ngi ku bonile pansi kwelanga kwaba kukulu kimina.

14 Kwa ku kona umuzana nabantu a ba incozana ba be kona pakati kwawo, kweza inkosi enkulu kuwo ya wu vimbezela ya zaka izindonga ezinkulu kuwo.

15 Kaloku kwa funyanwa kuwo umuntu ompofu ohlakanipileyo. Lomuntu ngokuhlakanipa kwake wa kulula umuzi noko a kwa ba ko mntu o wa m kumbulayo.

16 Konake nga ti ukuhlakanipa kuhle ku namandhla kodwa ukuhlakanipa kwa lompofu ku delelekile namazwi ake a ke zwakali.

17 Amazwi abahlakanipileyo e zwakala ekutuleni ku nokumemeza kwake o busa pakati kweziula.

18 Impela ukuhlakanipa kuhle ku nezikali zokulwa kepa isoni sisinye, sonakalisa okuhle okuningi.

## ISAHLUKO 10.

IZIMPUKANE ezi fileyo zenza amafuta enyanga yemiti a nuke kabi, nobuula obu incozana bu menza njalo yena o nodumo ngokuhlakanipa nokulunga.

2 Inhliziyo yohlakanipileyo i nga kwesokunene e yesiula i nga kwe sokohlwa.

3 Futi nxa o isiula e hamba endhleleni, ukuhlakanipa kwake ku ya pela, u tyo kubo bonke ukuti siula.

4 Uma ulaka lombusi lu ku vukela u nga shiyi indawo yako ngokuba ukulalela ku ya tulisa izono ezikulu.

5 Ku kona okubi e ngi ku bonile ngapansi kwelanga, isiposiso esi velayo kumbusi.

6 Ubuula bu ya pakanyiswa bu nodumo olukulu kodwa abacebileyo ba pansi.

7 Ngi bonile izinceku zi kwele amahashi namakosi e hamba pansi emhlabeni njengezinceku.

8 Ombayo umgodi u ya ku wela kuwo nowapulayo utango u ya kulunywa inyoka.

9 Osusayo amatye u ya ku linyazwa lwo naye obandayo izinkuni u ya ku ba nengozi ngazo.

10 Uma insimbi i butuntu, u nga yi loli usiko, kona u ya kwandisa amandhla, kodwa ukuhlakanipa ku fanele ukuqondisa.

11 Impela i ya luma inyoka i nga buliwe, ipotyopotyo a li dhluli.

12 Amazwi omlomo wohlakanipileyo a nomusa kodwa izindebe zesiula zo gwinya.

13 Ukuqala kwamazwi omlomo wake ku buula, nokupela kokukuluma kwake ku ukuhlanya okubi.

14 Isiula sandisa amazwi, umuntu a nge tyele loku o ku ya kuba kona. Noko o ku ya ku ba kona emva kwake, ubani o nga si tyela na?

15 Ukusebenza kwesiula ku ya ba dinisa bonke ngabanye: ngokuba a si yazi indhlela e qonda emuzini.

16 Au kuwena, Lizwe, uma inkosi yako i umntwana namakosana ako e dhla ekuseni.

17 U busisiwe wena, Lizwe, uma inkosi yako i umntwana wezikulu namakosana ako e dhla ngesikati esifaneleyo ku be ukuqiniswa kwawo, ku nga bi ukudakwa kwawo.

18 Indhlu ya bola ngobuvila obukulu nangokungena i nete.

19 Idili lenzelwa ukutokoza newaini li yenamisa kodwa imali i lingene konke.

20 U nga yi tuki inkosi, cabo, na senhliziyweni yako u nga hlebi abacebileyo nasendhlini yako yokulala; inyoni i ya ku hambisa izwi ne namapiko i ya ku tyela indaba.

## ISAHLUKO 11.

PONSA isinkwa sako emanzini ngokuba u ya ku si fumana emva kwezinsuku eziningi.

2 Yabela aba isikombisa naba isishiyalombili ngokuba a u kwazi okubi o ku ya kuba kona emhlabeni.

3 Uma amafu e gcwele imvula a ya i tela emhlabeni uma umuti u wile nga seningizumu noma nga senyakato endaweni o wele kuyo u ya kuhlala kona.

4 O lindayo umoya a ka yi ku hlwanyela nobekisisayo amafu a ka yi ku vuna.

5 Njengokuba u nga yazi indhlela ka moya ukuba i njani, nokuba amatambo a kula kanjani esiswini somitiyo? a u yazi nemisebenzi ka Tixo o dabula konke.

6 Kusasa hlwanyela imbeu yako na kusihlwa u nga buyisi isandhla sako ngokuba u ngazi ukuba i ipi e ya ku ba nenhlanhla noma i le, noma i leya noma zombili zi ya ku ba zinhle.

7 Impela ukukanya ku mnandi, nokubona ilanga ku into enhle emhlabeni.

8 Kodwa uma umuntu e pila iminyaka emininge e jabula kuyo yonke, noko ka kumbuli izinsuku zobumnyama, ngokuba zi ya kuba ziningi. Konke okuzayo ku ize.

9 Jabula nsizwa ebutyeni bako; ma i ti inhliziyo yako i ku tokozise ezinsukwini zobutya bako, u hambe ezindhleleni zenhliziyo yako, na sebusweni bamehlo ako, wazike kodwa ukuba ngenxa yako konke loko uTixo u ya ku ku yisa ekwahluleni.

10 Ngako susa ukudabuka enhliziyweni yako u lahle okubi emzimbeni wako ngokuba ubuntwana nobutya bu ize.

## ISAHLUKO 12.

KUMBULA umenzi wako ezinsukwini zobutya bako, zi nga ka fiki izinsuku zokubi neminyaka i nga ka sondeli lapo u ya kuti a ngi nako ukutokoza kuyo;

2 Ku nga kenziwa mnyama ilanga, nokukanya, nenyanga, nezinkanyezi namafu e nga ka buyeli emva kwemvula.

3 Ngosuku lapo abalindi bendhlu be ya ku tutumela, nabanamandhla be ya ku zitoba, nabasili be ya ku yeka ngokuba be yi ncosana, nabakangelayo ngezibuko be ya ku fipala.

4 Neminyango yo valwa ezitiratini nxa umsindo wokusila u su ncipile, u ya kwetuswa ukukala kwenyoni, namadodakazi okuhlabelela onke a ya ku totyiswa.

5 Esikatini lapo be ya kwesaba okupakamileyo, nezesabiso zi ya kuba sendhleleni, nomuti wealmondi u ya ku kahlela, nentete i ya kuba umtwalo, nentando i pele, ngokuba umuntu u ya ekaya lake eli pakade, nabalilayo ba ya ku zula ezitiratini.

6 I nga ka tukululwa intambo yesiliva, nendebe yegolide i nga ka pulwa, nembiza i nga ka fi emtonjeni, nesondo, endaweni yamanzi.

7 Kona umhlabati u ya kubuyela emhlabatini njengokuba wa u njalo nomoya wo buyela kuTixo o wa u nikayo.

8 Ize leze, u tyo umshumayeli; konke ku ize.

9 Futi ngokuba umshumayeli e be hlakanipile wa ba fundisa abantu ukwazi yebo, wa bekisisa wa funa wa lungisa, amazwi okuhlakanipa amaningi.

10 Umshumayeli wa linga ukufumana amazwi a faneleyo, loku o kwa lotywa kwa ku lungile, amazwi eqiniso.

11 Amazwi abahlakanipileyo a njengezinciji, nezipikili ezimiswa aba pati bemihlangano a ba vela kumalusi munye.

12 Futike, ndodana yami ma u lulekwe iloku. Akuko ukupela ngokuzenza izincwadi eziningi, nokufunda okuningi ku inkatazo yenyama.

13 A si zwe ukupela kwendaba yonke: Mesabe uTixo u zi gcine izimemezelo zake. Loku ku iko konke kumuntu.

14 Ngokuba uTixo wo zisa imisebenzi yonke ekwahluleni kanye nako konke oku fihliweyo nokuba kuhle nokuba kubi.

# ISIHLABELELO SIKA SOLOMONA.

## ISAHLUKO 1.

ISIHLABELELO sezihlabelelo esi nge sika Solomona.

2 A ke ngange ngokwanga komlomo wake ngokuba utando lwako lu mnandi ku newaini.

3 Ngenxa yepunga lamafuta ako a mnandi igama lako li njengamafuta etululiwe, ngako izintombi zi ya kutanda.

4 Ngi donse, si ya kukulandela; inkosi i ngi letile ezindhlini zayo si ya kujabula si tokoze ngawe, si ya kulukumbula utando lwako ku newaini; abaqoto ba ya kutanda.

5 Ngi mnyama, kodwa ngi muhle, nina madodakazi a seJerusalema, njengamatente a seKedari, na njengezindwangu zika Solomona.

6 Ni nga ngi beki, ngokuba ngi gqunqile, ngokuba ilanga li ngi pumele: abantwana baka mame ba be ngi tukutelele; ba ngenza umlindi wezivini; kwa ti e sami isivini a nga si linda.

7 A u ngi tyele, wena o tandwa umpefumulo wami, ukuba waluselapi, u pumuzapi umhlambi wako emini: ngi za ku ba njengopambukela ngani nga semihlambini yabangane bako?

8 Uma u ngazi, wena omuhle pakati kwesifazana, hamba u pumele emikondweni yomhlambi, amazinyane ako a dhle ngasematenteni abalusi.

9 Ngi ku fanisile, sihlobokazi sami! neviyo lamahashi ezinqoleni zika Faro.

10 Izihlati zako zi fana nezinhla zamaqanda, nentamo yako nemigexo yegolide.

11 Si ya ku kwenzela imipeto yegolide namacotya esiliva.

12 I te inkosi i sa hlezi esitebeni, amaka ami a pumesa ipunga lawo.

13 Isitandwa sami si umfunzi wemure kimi: u ya kulala pakati kwamabele ami bonke ubusuku.

14 Isitandwa sami kimi si njengesipa samaka ezivini za seEngedi.

15 Bheka, u muhle, sihlobokazi sami; bheka u muhle, u namehlo amavukutu.

16 Bheka, u muhle, sihlobokazi sami, ehe, u mnandi: isilili setu si luhlaza futi.

## ISAHLUKO 2.

NGI yirose la seSharoni, nentebe yezigodi.

2 Njengentebe pakati kwameva, si njalo isihlobokazi sami pakati kwamadodakazi.

3 Njengomuti wamaapula pakati kwemiti yehlati, si njalo isitandwa sami pakati kwamadodana. Nga hlala pansi komtunzi wake ngokwenama okukulu, sa ti isitelo sake samnandi ekunambiteni kwami.

4 Wa ngi leta endhlini yokudhlela, isibonakaliso sake pezu kwami sa si utando.

5 Ngi bambezele ngemvaba yevini, u ngi duduze ngamaapula: ngokuba ngi ya fa utando.

6 Isandhla sake sokohlo si ngapansi kwekanda lami, nesandhla sake sokunene si ya ngi gona.

7 Ngi ya ni yala, nina madodakazi a seJerusalema, ngezindhluzele, na ngezimbabala za sendhle, ukuba ni nga babasi, ni nga m vusi otandiweyo wami, e nga ka tandi.

8 Izwi lesitandwa sami! bheka, si ye-

za si xuma pezu kwezintaba, si gilikida
pezu kwamaganga.
9 Isitandwa sami si njengendhluzele
noko itole lembabala: bheka, si mi
nga seyi kodonga lwetu, si buka ngezi-
bobo, si zibonakalisa ngesikala.
10 Isitandwa sami sa kuluma, sa ti
kimi, vuka, sihlobokazi sami muhle wa-
mi, u ze.
11 Ngokuba, bheka, ubusika se bu
dhlulile, imvula i si pelile yemuka;
12 Izimbali zi ya bonakala emhlaba-
tini; isikati sokuhlabelela kwezinyoni
si fikile, izwi lehobe li yezwakala ezwe-
ni lakiti;
13 Umkiwane u ya veza amakiwane
awo a luhlaza, nezivini zi leta ipunga
elimnandi lezinwazi ezi tambileyo. Vu-
ka, mhlobokazi wami, muhle wami u
ze.
14 Juba lami, eli semifanteni yama-
tye, ezindaweni ezisese zamawa ma ngi
bone ubuso bako, ma ngi zwe izwi lako;
ngokuba li mnandi izwi lako, nobuso
bako buhle,
15 Si bambeleni izimpungutye, izi-
mpungutye ezincane ezonakalisayo izi-
vini: ngokuba izivini zetu zi nezinwazi
ezi tambileyo.
16 Isitandwa sami si esami, mina ngi
ngowaso: salusela pakati kwezintebe.
17 Ku ze ku se, amatunzi emuke, bu-
ya, sitandwa sami, u fane nendhluzele
noko nesixumu sembabala pezu kwezi-
ntaba za seBeta.

## ISAHLUKO 3.

EBUSUKU esililini sami nga m funa
otandwa umpefumulo wami; nga m
funa, kepa a ngi m fumananga.
2 Ngi zo vukake, ngi hambahambe
emzini ezindhleleni, na semigwaqweni
ngi m fune otandwa umpefumulo wami;
nga m funa kepa a ngi m fumananga.
3 Abalindi aba vakatya emzini ba ngi
fumana: e nga ti kubo ni ke na m bona
otandwa umpefumulo wami na?
4 Nga se ngi dhlule kubo kancane nje
kwa ti nga m fumana otandwa umpefu-
mlo wami: nga m bamba, a ngi vu-
manga uku m dedela, nga ze nga m fikisa
endhlini ka mame, endhlini yo wa ngi
zalayo.
5 Ngi ya ni yala, nina madodakazi a
seJerusalema, nezindhluzele, na ngezi-
mbabala za sendhle, ukuba ni nga si
babasi, ni nga si vusi isihlobokazi sami,
si nga ka tandi.
6 Ubani lo o za e puma ehlane nje-
ngezinsika zomusi, e qolwe ngemure na-
ngenhlaka, na ngemilibo yonke yote-
ngisayo na?
7 Bheka isilili sake, esi nge sika Solo-
mona; si haqwe amaqawe a ngamashu-
mi a isitupa, amaqawe a kwa Israeli.
8 Bonke ba pete izinkemba, be ngaba-
qondileyo ngokulwa: bonke ba nezi-
nkemba zabo ezinqulwini zabo ngenxa
yokwesaba ebusuku.
9 Inkosi uSolomona wa zenzela inqola
ngemiti ya seLebanoni.
10 Wenza izinsika zayo ngesiliva,
umzansi wazo ngegolide, za haqwa ngo-
kubomvu, pakati kwayo kwa gandaywa
ngotando lwamadodakazi a seJerusa-
lema.
11 Pumani nina madodakazi a seZioni
ni yo bona inkosi uSolomona e fake
umqele a fakwa unina ngomhla woku-
gcagca kwake na ngomhla wenjabulo
yenhliziyo yake.

## ISAHLUKO 4.

BHEKA, u muhle, sihlobokazi sami;
bheka, u muhle; u namehlo ama-
juba nga pansi kwesihlutu sako: izi-
nwele zako zi njengomhlambi wezi-
mbuzi, o bonakala entabeni iGiladi.
2 Amazinyo ako a fana nomhlambi
wezimvu ezi geziweyo, eza kupuka
endaweni yokugeza; ezi ti zonke nga-
zinye zi zala amawele, ingeko na inye
e inyumba pakati kwazo.
3 Izindebe zako zi njengosinga olubo-
mvu, ku mnandi nokushumayela kwa-
ko: izinhlafuno zako zi njengocezu lwe-
rimoni nga pansi kwesihlutu sako.
4 Intamo yako i njengenqaba ka Da-
vida e yakelwa izihlangu, lapa ku lenga
kona izihlangu ezi inkulungwane, zonke
izihlangu zamaqawe.
5 Amabele ako amabili a njengezi-
ndhluzele ezimbili ezi amazinyane a
amawele, a dhla pakati kwentebe.
6 Ko ze ku se, amatunzi e muke, ngi
ye entabeni yemure, na segangeni le-
nhlaka.
7 U muhle kanye, sihlobokazi sami:
akuko siga kuwe.
8 Woza si muke eLebanoni, mtshakazi
wami, si muke eLebanoni si shiye isico-
ngo seAmana, nesicongo seShenire ne-
Hermoni si muke emihumeni yezingo-
nyama na sezintabeni zezingwe.
9 U su webe inhliziyo yami, dadekazi
wami, mtshakazi wami; u su webe

inhliziyo yami ngelilodwa lamehlo ako,
ngomgexo munye wentamo yako.
10 Lu mnandi utando lwako, dade-
kazi wami, mtshakazi wami: lu mandi
kakulu utando lwako ku newaini: ne-
punga lamafuta ako ku namaka onke!
11 Izindebe zako, mtshakazi wami, zi
ya tonsa njengamakekeba ezinyosi: uju
nobisi ku nga pansi kolimi lwako; ne-
punga lezivato zako li njengepunga le-
Lebanoni.
12 U insimu ebiyelweyo dadekazi
wami, mtshakazi wami, umtombo ova-
liweyo, nesipetu esivinjiweyo.
13 Izilimo zako zi insimu yemiti ya
marimoni, nezitelo ezimnandi; amaka
ekamfa nespikenadi,
14 Ispikenadi nesafroni; nekalamus
nesinamoni, nemiti yonke yenhlaka;
imure nomhlaba, namaka onke a igugu.
15 Umtombo wamasimu, icibi lama-
nzi a hleziyo, nemifula e vela eLeba-
noni.
16 Vuka, moya wenyakato; u ze,
wena ningizimu; u pepete ensimini
yami, ukuba amaka a kona a tapuke.
Ma ku ze isitandwa sami si ngene ensi-
mini yaso, si dhle izitelo zaso ezimnandi.

## ISAHLUKO 5.

SE ngi ngene ensimini yami, dadekazi
wami, mtshakazi wami: se ngi yi
butile imure yami namaka ami; se ngi
wa dhlile amakekeba ami noju lwami;
se ngi li puzile iwaini lami nobisi lwa-
mi; yidhlanike zihlobo; puzanike, ni
puze kakulu, batandwa.
2 Ngi ya lala, kepa inhliziyo yami i
ya papama, ku izwi lomtandwa wami
eli ngqongqotayo li ti ngi vulela, dade-
kazi wami, mtandwa wami jabakezi
lami, ngcwelekazi yami: ngokuba ika-
nda lami li gcwele umbete, nesihlutu
sami amatonsi a sebusuku.
3 Se ngi si susile isivato sami; ngi ya
ku si faka kanjani? se ngi zihlanzile izi-
nyawo zami; ngi ya ku zi ngcolisa
kanjani?
4 Umtandwa wami u ngenise isandhla
sake ngesikala somnyango kwa ti izibi-
lini zami za nyakaza ngaye.
5 Nga vuka ukusivulela isitandwa
sami; kwa ti izandhla zami za tonsa
imure, neminwe yami imure e nepunga
elimnandi, pezu kwezikibaniso zesi-
valo.
6 Nga m vulela umtandwa wami;
kodwa umtandwa wami wa e se zi catyi-
sile, e se mukile: umpefumlo wami wa
u dangala uma e kuluma: nga m biza
kepa a ka ngi nikanga mpendulo.
7 Abalindi a ba be vagatya emzini ba
ngi fumana, ba ngi tyaya, ba ngi li-
maza; abalondolozi bezindonga ba nga-
muka iveli lami.
8 Ngi ya ni yala, nina madodakazi a
seJerusalema, ukuba ni ti uma ni m
fumana umtandwa wami, ni m tyele,
ukuba ngi ya fa utando.
9 Isitandwa sako si si dhlula ngani
isitandwa somunye, wena omuhle pa-
kati kwesifazana? isitandwa sako si si
dhlula ngani isitandwa somunye, ukuba
u si yale kangaka na?
10 Umtandwa wami u mhlope u bo-
mvu, u inhloko pakati kwezinkulu-
ngwane ezi ishumi.
11 Ikanda lake li njengegolide elihle
kakulu, isihlutu sake si ya nutuzela, si
mnyama njengegwababa.
12 Amehlo ake a njengamehlo ama-
juba ngasemifuleni yamanzi, a hlanzwe
ngobisi, e miswa ngokufanela.
13 Izihlati zake zi njengombundu wa-
maka, njengezimbali ezimnandi: Izi-
ndebe zake zi njengentebe, zi tonsa
imure e nepunga elimnandi.
14 Izandhla zake zi njengezindandato
zegolide ezi fakelwe ngamatye oberule:
isisu sake si njengopondo lwendhlovu
olukanyayo lu qondelwe ngamatye e
safire.
15 Imilenze yake i njengezinsika zetye
elitye, ezi bekwe pezu kwezisekelo zego-
lide elihle: ubuso bake bu njengeLeba-
noni bu igugu njengesedare.
16 Umlomo wake u mnandi kakulu;
ehe, u tandeka wonke kanye. Lowo
umtandwa wami, nomhlobo wami, nina
madodakazi a seJerusalema.

## ISAHLUKO 6.

SI ye ngapi isitandwa sako, wena omu-
hle pakati kwezifazana? Si nyamu-
lalele ngapi isitandwa sako? ukuba si si
fune kanye nawe.
2 Umtandwa wami wehlele ensimini
yake, emadulini amaka, ukuba a dhle
emasimini a bute intebe.
3 Ngi ngo wesitandwa sami, nesita-
ndwa sami si ngesami: si dhla pakati
kwentebe.
4 U muhle, sihlobokazi sami, njenge-
Tiza, u fanelekile njengeJerusalema, u
ye sabeka njengempi i pete iziboniso.
5 Guqula amehlo ako u wa suse kimi,

ngokuba a se ngi nqobile; izinwele zako
zi njengomhlambi wezimbuzi o bona-
kala u seGiladi.
6 Amazinyo ako a njengomhlambi
wezimvu ezi kupuka ekugezeni oku ti
zonke ngazinye zi zala amawele, oku
ngeko na inye pakati kwazo e inyumba.
7 Izinhlafuno zako zi njengocezu lwe-
rimoni ngapansi kwesihlutu sako.
8 Ku kona amakosikazi a mashumi a
isitupa, nabafazi aba mashumi a shiya-
galombili, nezintombi ezi nge naku-
balwa.
9 Ihobekazi lami, ongcwele wami u
yedwa; u ngo yedwa kunina, u ngo
ketiweyo wake owa m zalayo. Amado-
dakazi a m bona, a m bonga; ehe, na-
makosikazi nabafazi, ba m dumisa.
10 Ubani yena lo okanyayo njengo-
kusa, omuhle njengenyanga o qamileyo
njengelanga, nowesabekayo njengempi
i pete iziboniso na?
11 Ngehlela ensimini yezitelo uku-
bona izitelo zesigodi, nokubona ukuba
ivini li ya kahlela njena, namarimoni
a ya qakaza njena.
12 Ngi nga kazi luto umpefumulo
wami wa ngenza njengezinqola zika
Aminadibi.
13 Buya, buya, Shulamiti; buya buya,
ukuba si ku buke. Ni ya ku bonani
kuShulamiti? Oku ngati isixuku sezi-
mpi ezimbili.

## ISAHLUKO 7.

YEKA ubuhle bezinyawo zako zi nezi-
catulo, wena nkosazana yobukosi!
Amalungu amatanga ako a njengezi-
vunulo, ezi umsebenzi wezandhla zenya-
nga ehlakanipileyo.
2 Inkaba yako i njengendebe e ncwe-
liweyo, e nga li dingiyo iwaini elixu-
tyiweyo; isisu sako si njengenqwaba
yamabele e honqelwe ngentebe.
3 Amabele ako amabili a njengamazi-
nyane amabili endhluzele a ngamawele.
4 Intamo yako i njengenqaba yopondo
lwendhlovu; amehlo ako a njengecibi
eli seHeshbone ngasesangweni la seBa-
tirabimi, impumulo yako i njengenqaba
ya seLebanoni ebekene neDamaseku,
5 Ikanda lako kuwe li njengeKarmeli
nezinwele zekanda lako zi njengokubu-
bende; inkosi i ncatyele ezihonqeni ezi-
pezulu.
6 U muhle u ya tandeka, sihlobokazi,
ngokujabulisayo!
7 Lesi isibili sako si njengomuti wesu-
ndu, namabele ako njengezidhleke zesi-
vini.
8 Ngi te, ngi zo kupuka ngi ye emtini
wesundu, ngi ya kubamba amagatya
awo; ku ya kutike amabele ako a be
njengezihleke zesivini, nepunga lempu-
mulo yako li be njengamaapula;
9 Imbȯvu yomlomo wako i be njenge-
waini elimnandi kumtandwa wami, e
lehla kamnandi lenza izindebe zabalele-
yo zi shumayele.
10 Ngi ngo wesitandwa sami, nesifiso
sake si qonde kimi.
11 Woza, sitandwa sami, ma si hambele
ngasemasimini, ma si pambukele emi-
zini.
12 Ma si vuke ekuseni si ye ezivinini;
si bone ukuba ivini li ya kahlela na, no-
kuba ivini elitambliIeyo li ya bonakala
na, namapomegraneti a ya qakaza na;
konake ngi ya kukunika utando lwami.
13 Izigaxa zamamanderake zi pumesa
ipunga, emasangweni etu ku kona izi-
nhlobo zonke zezitelo ezimnandi, ezinda-
la nezintya, e nga zi bekela wena, mta-
ndwa wami.

## ISAHLUKO 8.

SENGATI a u njengomfo wetu, o wa
ncela amabele ka mame! Uma ngi
ku fumana ngapandhle, nga ngi kwa-
nga; ehe, ku ti ngi nge delwe.
2 Nga ngi ku hola, ngi ku lete endhli-
ni ka mame, o nga ngi fundisayo: Ngi
nga kwenza ukuba u puze iwaini eli vu-
tyelwe ngencindi yerimoni lami.
3 Isandhla sake sokohlo nga si ba pa-
nsi kwekanda lami, nesandhla sake so-
kunene si ngi gone.
4 Ngi ya ni yala, madodakazi a seJeru-
salema, ukuba ni nga si babasi ni nga si
vusi isihlobokazi sami, si nga ka tandi.
5 Ubani lo oza e kupuka ehlane, e
ncike pezu komtandwa wake? Nga ku
vusa nga pansi komuti wamaapula; lapa
unyoko wa ku veza kona, lapa a ku veza
kona owa ku zalayo.
6 Ngi beke njengopau enhliziyweni
yako, njengopau engalweni yako, ngo-
kuba utando lu namandhla njengokufa;
isikwele si lukuni njengesheoli: amala-
hle abo amalahle omlilo, a nelangabi eli
dangazelayo kakulu.
7 Amanzi amaningi a ka nakulucima
utando, nemisinga a i nakulukukula:
nokuba umuntu e nikela impahla yonke
yendhlu yake ngenxa yotando, i nga
delwa kupela.

8 Si nodade wetu omncane, kepa a ka
namabele: si ya kwenze njani ngodade
wetu mhla e ya ku hlatyezwa na?
9 Uma e be udonga, be si ngaka pezu
kwake isigodhlo sesiliva: noma e be
umnyango be si nga m bekela ngamapu-
l'angwe esedare.
10 Ngi udonga, namabele ami a nje-
ngezinqaba: emehlweni ake nga ba nje-
ngofumene umusa.
11 uSolomona wa e nesivini e Baalha-
moni; wa si nikela isivini kubalindi;
bonke ngamunye ngesitelo saso wa e
leta izinhlamvu ezinkulungwane zesi-
liva.
12 Isivini sami, esi nge sami, si nga
pambi kwami; wena Solomona inkulu-
ngwane i eyako, nokwa labo aba gcina
isitelo saso amakulu amabili.
13 Wena o hlala emasimini abangane
ba ya li lalela izwi lako: a ke u ngi zwise
lona nami.
14 Tyetya, mtandwa wami, u baleke
njengendhluzele na njengesixumu se-
mbabala pezu kwezintaba zamaka amna-
ndi.

---

INCWADI YOMPROFETI

# UISAYA.

## ISAHLUKO 1.

ISIBONISO sika Isaya indodana ka
Amozi, o si bonileyo ngoJuda neJeru-
salema ngezinsuku zika Uzia, noJo-
tamu, noAhazi, noHezekia, amakosi a
kwaJuda.
2 Yizwani mazulu, u nike indhlebe
nawe mhlaba; ngokuba uJehova u
kulumile, Ngondhlile ngi kulisile aba-
ntwana, ba ngi hlubukile.
3 Inkabi i ya mazi umniniyo, nembo-
ngolo umkombe womniniyo; kodwa
uIsraeli kazi, abantu bami ka ba qondi.
4 Au, isizwe esi nezono, abantu aba
tweswe ngokona, inzalo yabenza ububi,
abantwana abahlikizayo; ba m delile
uJehova, ba m vusele o iNgcwele ka
Israeli ngolaka, ba hlehlele emva.
5 Ni nga be ni sa hlutywelani futi na?
ni ya kuhlubuka njalo njalo; ikanda
lonke li ya gula, nenhliziyo yonke i
qulekile.
6 Ku suke ngapansi konyawo, ku ze
ku fike ekanda, a kuko ukuqina pakati;
ukulimala kodwa, nezingozi nezilonda
ezibolileyo; a zi ze zi nge latywa, zi
botywe, zi totywe na ngekambi.
7 Izwe lenu li citekile, imizi yenu i
tyisiwe ngomlilo; nezwe lenu li dhli-
wa izihambi ni kona, li citekile njengo-
kucita kwezihambi.
8 Nendodakazi ya seZioni i shiyiwe
njengendhlu esivinini, njengexiba ensi-
mini yamaselwa, njengomuzi o vinje-
zelwa impi.
9 Uma uJehova wamabandhla e nga
si shiyelanga okuncane kwetu, sa si ya
kuba njengeSodoma, na njengeGomora.
10 Yizwani izwi lika Jehova, nina ba-
busi ba seSodoma; nikani indhlebe ku-
wo umteto ka Tixo wetu, nina bantu ba
seGomora.
11 Ukungihlabisa kwenu okuningi ku
ngokwani na? u tyo uJehova: Mina
ngi suti ngezipo ezityisiweyo zezimpo-
ngo, na ngamafuta ezilwane ezikulupa-
lisiweyo; a ngi jabuli na ngegazi lezi-
nkabi, ne lamacwane ne lezimpongo.
12 Lapo ni fikayo ukubonakala nga-
pambi kwami, ni bizwe ngubani na?
ukuba ni nyatele esigodhlweni sami na?
13 Ni nga be ni sa zi leta izipo zoku-
zenzisa; okutyisiweyo ku isinengiso
kimina; izinyanga ezintya namasabata,
nokumema kwabantu, a ngi ku tandi;
ku isono, kona loko kuhlangana oku-
ngati ku tobekile.
14 Izinyanga zenu ezitwasayo noku-
hlabisa kwenu ku ya zondwa umpe-
fumlo wami; ku inhlupeko kimina lo-
ko; ngi katele ngokukutwala loko.
15 Na lapo nelula izandhla zenu, ngi
ya kunifihlela amehlo ami; na lapo
nenza imitandazo emininingi, a ngi i ku-
zwa; izandhla zenu zi gcwele igazi.
16 Gezani ni be mhlope; ni suse ububi
bezenzo zenu ngapambi kwamehlo ami,
ni peze ukwenza okubi;
17 Ni funde ukwenza okulungileyo;
ni fune ukuhlakanipa, sizani abahlu-

tywayo, nahlulele kahle izintandane, ni mele umfelokazi.

18 Yizanike, ma si qondisane sodwa, u tyo uJehova; noko izono zenu zi bomvu, zi ya kuba mhlope njengongqoqwane; noko zi bomvu tebu, zi ya kuba njengoboya bezikabu.

19 Uma ni ya vuma ni lalele, ni ya kudhla okuhle kwezwe;

20 Kodwa uma ni yala, ni hlubuke, ni ya kuqedwa inkemba; ngokuba umlomo ka Jehova u ku tyilo.

21 Ku ngani ukuba umuzi otembekayo, u su ngowezifebe na? wa u gcwele ngokuqonda; kwa hlala ukulunga kona; kodwa manje ku hlezi ababulali.

22 Isiliva lenu se li inhlakanhlaka, iwaini lenu se li xubene namanzi;

23 Amakosi enu a ya hlubuka, a tandana namasela; bonke ba tanda izipo, ba landela inzuzo; a ba m naki o nge nayise, nendaba yomfelokazi a i finyeleli kubona.

24 Ngako u ti uJehova, uJehova wamabandhla, omkulu wa kwaIsraeli, ngi ya kuzipumuza kwabangangitandiyo, ngi ba pindisela aba izita kimi.

25 Ngi buyise isandhla sami pezu kwako, ngi i kipisise yonke inhlakanhlaka yako, ngi li suse lonke itusi lako.

26 Ngi wa buyisela amakosi ako njenga kuqala nabameli bako njenga sekuqaleni; ngasemva u ya kubizwa wena umuzi wokulunga, umuzi otembekayo.

27 iZioni li ya ku lungiselwa ekwabeni, nababuyelayo kulo ngokulunga.

28 Nokubulawa kwabahlubuki nabonayo ku ya kuba kanyekanye nabo abamdelayo uJehova, ba ya kuqedwa.

29 Ngokuba ba ya kujaba ngemiti yamamala ena i tandayo, ni ya kukatazeka ngamasimu ena wa ketayo.

30 Ngokuba nina ni ya kuba njengeterebinte ikasi lalo li bunile, na njengensimu e nge namanzi.

31 Nabanamandhla ba ya kuba njengendola, noyenzayo njengenhlansi, ba ya kutya bobabili kanye, a ba i ku citywa muntu.

## ISAHLUKO 2.

IZWI ela bonwa uIsaya indodana ka Amozi ngoJuda neJerusalema.

2 Ko ti ngezinsuku zokugcina, intaba yendhlu ka Jehova i ya kumiswa ezicongweni zezintaba i pakame ngapezu kwezintatyana; nezizwe zonke zi butane kona.

3 Nabantu abaningi ba ya kuya, ba ti, Wozani ma si kupukele entabeni ka Jehova, endhlini ka Tixo ka Jakobe; a si fundise ngezindhlela zake; si ya kuhamba emendweni yake; ngokuba umteto u ya kupuma eZioni, nezwi lika Jehova eJerusalema.

4 Naye u ya kunqamula imiteto ezizweni, a kuze abantu abaningi; ba ya kukanda izinkemba zabo, zi be imilomo yamageja, nemikonto yabo i be oncelemba; isizwe a si i ku i vusa inkemba kwesinye, ba nga be be sa kufunda ukulwa futi.

5 Au, Ndhlu ka Jakobe, wozani, ma si hambe ekukanyeni kuka Jehova.

6 Ngako u ba delile abantu bako, indhlu ka Jakobe, ngokuba bandile ngasempumalanga, ba izanusi njengamaFilisti, nabo ba zijabulisa ngabantwana bezihambi.

7 Izwe labo li gcwele nesiliva negolide, a kuko nokugcina kuwo amagugu abo; izwe labo li gcwele namahashi, a kuko nokugcina kobuningi bezincwele zabo;

8 Izwe labo futi li gcwele nezitombe; ba dumisa umsebenzi wezandhla zabo, wona o wenziwe iminwe yabo.

9 Nomuntu omubi u ya kotama, nomuntu omkulu u ya zitobisa; ngako u nga ba yekeli.

10 Ngena etyeni, u zitukuse otulini, ngenxa yokwesaba uJehova, na ngobungcwele bobukosi bake.

11 Ukuziqenya komuntu ku ya kutobiswa, nokuzimisa kwabantu ku ya kukotamiswa, uJehova yedwa u ya kuba ngopakemeyo ngalolusuku.

12 Ngokuba usuku luka Jehova wamabandhla lu ya kuba ngapezu kwabo bonke aba ziqenyayo nabazipakamisayo, na kubo bonke abapakemeyo; naye u ya kutobiswa.

13 Na kuwo onke amasedare eLebanoni amade, napakemeyo, na kuwo onke amaterebinte a seBashane.

14 Na kuzo zonke izintaba ezinde, na kuzo zonke izintatyana ezipakemeyo.

15 Na kuzo zonke izinqaba ezipakemeyo, na kuzo zonke izindonga ezibiyiweyo.

16 Na kuyo yonke imikumbi ya seTarshishi, na kuyo yonke imifanekiso emihle.

17 Nobukulu babantu bu ya kutambiswa, nokuziqenya kwabantu ku ya kutobiswa; uJehova yedwa u ya kuba ngopakemeyo ngalolusuku.

18 Nezitombe u ya kuziqeda nya.
19 Ba ya kungena emigodini yamatye, na kuyo imihume yomhlaba ngenxa yokumesaba uJehova, na ngobungcwele bobukosi bake, lapo e vukayo ukuzamazamisa ngokwesabekayo umhlaba.
20 Ngalolusuku umuntu u ya kuponsa izitombe zake zesiliva, nezegolide, a zenzileyo ukuzidumisa yena kuwo amavukuzi na kuwo amalulwane;
21 Ukungena emigodini yamatye, na nga pezu kwamatye a iziwa, ngokumesaba uJehova, na ngobungcwele bobukosi bake, lapo e vukayo ukuzamazamisa umhlaba ngokwesabekayo.
22 Pezani kubantu, aba mpefumlo wabo u semakaleni abo, ngokuba ku ya kutiwa u yini yena na?

## ISAHLUKO 3.

NGOKUBA, bheka, uJehova, uJehova wamabandhla, u ya susa eJerusalema, na kuJuda insika nodondolo, insika yonke e isinkwa, nensika yonke e amanzi,
2 Umuntu omkulu, nomuntu wempi, umabi, nomprofeti, noqondayo, nomdala.
3 Induna yabamashumi a isihlanu, nomuntu olungileyo, ummeli nomaki ohlakanipileyo, nomlobi oqondileyo.
4 Ngi ya kuveza abantwana ba be amakosi abo, nezingane zi ya ku ba busa.
5 Nabantu ba ya kuhlutywa, ilowo ngalowo, nalowo ngowakelene naye; umntwana u ya kuziqenya ngakomdala, nomubi ngakolungileyo.
6 Lapo umuntu u ya kubamba umfo wabo wendhlu ka yise, a ti, Wena u nezingubo, yiba umbusi wetu, na lokukuciteka ku be ngapansi kwesandhla sako.
7 Ngalolusuku u ya kufunga, a ti, A ngi yi kuba umelapi, ngokuba endhlini yami a kuko isinkwa nezingubo; u nga ngenzi ngi be umbusi wabantu.
8 Ngokuba iJerusalema li citakele, noJuda u wile; ngokuba izilimi zabo nezenzo zabo zi pambene noJehova ukucunula amehlo obungcwele bake.
9 Ukubonakala kobuso babo ku ya ba fakazela; nabo ba ya vuma ukuti isono sabo si njengeSodoma, a ba tukusi loko. Wo empefumlweni wabo! ngokuba ba zikokele ngokubi.
10 Yityoni kwabaingcwele ukuba ku ya kuba kuhle ku bona; ngokuba ba ya kudhla izitelo zezenzo zabo.
11 Wo kwababi! ku ya kuba kubi nabo; ngokuba inkokelo yezandhla zabo i ya kunikwa bona.
12 Kwa bamike abantu, abahlupi babo ba ya kuba abantwana, ba buswe abesifazana. O bantu bami, bona abaniholayo be nonisa, ba bulala indhlela yemigwaqo yenu.
13 uJehova uyena ukunimela, uyena ukwaba abantu.
14 uJehova u ya kungena ekwabeni nabadala abantu bake, namakosi abo; ngokuba nina ni si qedile isivini; impango yabampofu i sezindhlini zenu.
15 U tyo uJehova uTixo wamabandhla, ku ngani ni ba tyaye abantu bami ngokubahlepula na? ni gaye ubuso babampofu na?
16 Futi uJehova u ti, ngokuba amadodakazi a seZioni a ya ziqenya, a hamba ngezintamo ezeluliweyo, namehlo a lufipa, a hamba e tebezela, e kenceza na ngezinyawo zawo.
17 Ngako uJehova u ya kutyaya ngezilonda ukakayi lwekanda lamadodakazi a seZioni, noJehova u ya kutola okufihlwayo kwawo.
18 Ngalolosuku uJehova u ya kususa ubuqawe bezihlobiso ezikencezayo zezinyawo zawo, nezinwele zawo, namasongo awo a njengenyanga.
19 Amakatanga, nezigqizo, nezikazimulo,
20 Izigqoko, nezihlobiso zemilenze, nemiqele, neziyinga, nezinviliba.
21 Amasongo, nezihlobiso zekala,
22 Nezivato zokuketa, nezangapezulu, namashali, nezikonkwane zezinwele,
23 Nezibuko, nendwangu eyalukekile, namafasikote, nezilembu zokugubuzela.
24 Ko ti, endaweni yamaka amnandi ku ya kuba kona ukunuka: na sendaweni yebande ukuhxebuka; na sendaweni yezinwele ezilungisiweyo ku be impanhla; na sendaweni yeziyinga ku be ingubo yamasaka; na sendaweni yobuhle ku be ukutyisa.
25 Amadoda enu a ya kuwa ngenkemba, nabakulu benu empini,
26 Namasango alo (iZioni) a ya kukala a lile, na ngezinhlupeko zalo li ya kuhlala pansi emhlabatini.

## ISAHLUKO 4.

KO ti ngalolosuku abesifazana abaisikombisa ba ya kubamba indoda i benye, ba ti, Si ya kudhla okwetu, si gqoke okwetu; kodwa ma si bizwe ngalako igama kupela, ku suke ihlazo kiti.

2 Ngalolusuku igatya lika Jehova li ya
kuba lihle li be ingcwele, nezitelo zo-
mhlaba zi ya kuba lungela kakulu aba-
punyukileyo baka Israeli.
3 Ko ti yena oshiyiweyo eZioni naye
osalayo eJerusalema, u ya kubizwa ngo-
kuti, u ingcwele, na kubo bonke abalo-
tyiweyo kwabapilayo eJerusalema.
4 Lapo uJehova e se i hlanzile inxenye
yensila yamadodana a seZioni, na lapo e
se li gezile igazi la seJerusalema ngapa-
kati kwalo ngenhliziyo yokunqamula na
ngenhliziyo yokutyisa.
5 uJehova u ya kwenza kuzo zonke
izindhlu ezi sentabeni eZioni, na kuyo
imihlangano yabo, ifu nomusi emini,
nokukanya komlilo ovutayo ebusuku;
ngokuba napezu kwesibusiso sonke ku
ya kuba kona isivikelo.
6 Ku ya kuba kona indhlu i be umtu-
nzi ekutyiseni kwemini nedawo yoku-
balekela kona, nesivikelo sesivunguvu-
ngu nemvula.

## ISAHLUKO 5.

MANJE ngi ya kuhlabelela isihlabele-
lo kotandiweyo wami ngesivini sa-
ke. Otandiweyo wami u nesivini kuyo
intatyana evundileyo kakulu.
2 Wa si biyela, wa buta amatye a ko-
na, wa si tyala ngevini elitandekayo ka-
kulu, waka inyango ngapakati kwaso,
wenza isikamo ngapakati; wa bheka
ukuba si tele izinhlamvu, sa tela izinhla-
mvu za sendhle.
3 Na manje nina bantu ba seJerusa-
lema, namadoda a kwa Juda ngi ya ku-
leka ukuba ni nqume pakati kwami ne-
sivini sami.
4 Ubani o nga e kwenzile okunye
kuso isivini sami, okungenziwanga imi-
na na? Ngako nga bheka ukuba si
tele izitelo zaso, sa tela izitelo za se-
ndhle.
5 Hambanike, ngo ni tyela e ngi ya
kukwenza kuso isivini sami; ngi ya
kususa utango lwaso, si ya kudhliwa;
ngo lwapule udonga lwaso, si nyatelwe;
6 Ngi ya kusiveza obala; a si yi ku-
tenwa, si vundiswe; ku ya kuvela izi-
nwane nameva; ngi ya kuyaleza ama-
fu futi ukuba a nga be sa si netisa.
7 Ngokuba isivini sika Jehova wama-
bandhla si indhlu ka Israeli, nabantu
baka Juda umuti wake otandekayo; wa
bhekela ukulunga, wa bona izinhlupe-
ko; wa bhekela ubulungiso wa bona
ukukala.
8 Wo! kubona abakelene ndawonye,
naba masimu abo e hlangene, i ze i pele
indawo, ukuze ba bekwe bodwa ngapa-
kati komhlaba.
9 Ezindhlebeni zami, wa tyo uJehova
wamabandhla, ngeqiniso izindhlu ezi-
ningi zi ya kuba ngamanxiwa, ezinkulu
neziningi; zi nga bi namuntu.
10 Yebo amaeka a ishumi esivinini a
ya kutela ibati linye, nezinhlamvu ze-
homa zi ya kutela iefa nje.
11 Wo! kubona aba vuka ekuseni,
ukuba ba landele ukupuza okuna-
mandhla, ba nga pezi ku ze ku hlwe, ba
ze ba tye iwaini.
12 Ku kona inkoka, nemfijoli, netilo-
ngo, nevenge, newaini ku sekuhlangane-
ni kwabo; kodwa ka ba wu naki umse-
benzi ka Jehova, ka ba ku qondi o kwe-
zandhla zake.
13 Ngako abantu bami ba ngene ebu-
gqilini, ngokuba ka ba nako ukwazi;
namadoda a qondileyo abo a bulewe
indhlala nesixuku sabo si shwabene
ukoma.
14 Ngako isihogo si zandisile, sa u vu-
la umlomo waso ngokungalinganiswa-
yo; ubukosi babo, nobuningi babo, no-
kuziqenya kwabo, naye o jabulayo, ba
ya kweukela ku sona.
15 Nomuntu omncane u ya kuwiswa
pansi, nomuntu o namandhla u ya ku-
tobiswa, namehlo ake a pakemeyo a ya
kutobiswa;
16 Kodwa uJehova wamabandhla u
ya kupakanyiswa ekwabeni, noTixo o
ingcwele u ya kuhlanjululwa ekulu-
ngeni.
17 Lapoke amacwane a ya kuzidhlela
ngeyawo intando, nezindawo eziciteki-
leyo zabacebileyo zi ya kudhliwa izi-
hambi.
18 Wo! kubona aba donsa isono ku-
ngati ngezintambo zobuze, nesono ngo-
kwangati intambo yengqukumbane.
19 Aba ti ma ka tyetye, a tyetyise
umsebenzi wake, si ze si wu bone, ne-
nkulumo yoingcwele ka Israeli i sonde-
le, i ze, si ze si yazi.
20 Wo! kubona aba biza ububi ngo-
kuti okuhle, nokuhle ngokuti ububi;
aba bekela ukukanya ubumnyama, no-
bumnyama ukukanya; aba bekela oku-
mtoti okubabayo, nokubabayo oku-
mtoti.
21 Wo! kubona abahlakanipileyo eme-
hlweni abo, nabaqondileyo ngokwabo
ukubona.

22 Wo! kubona aba puza kakulu iwaini, namadoda a namandhla ukuxubanisa upuzo olu namandhla.

23 Aba tetelela ababi ngenxa yenzuzo, nabasusayo ukulunga ku yena olungileyo.

24 Ngako njengomlilo u bulala iziqu, nelangabi li qeda umungu, njalo impande yabo i ya kuba ngokubolileyo, nembali yabo i ya kupepeteka njengotuli; ngokuba ba wu tyingile umteto ka Jehova wamabandhla, ba li delela izwi loiNgcwele ka Israeli.

25 Ngako ulaka luka Jehova lu ba vukele abantu bake, naye u selulile isandhla sake pezu kwabo; wa ba tyaya, nezintatyana za tutumela, nezidumbu zabo za hxejulwa ezitaladini. Ngako konke loku ulaka lwake a lu pendukanga, kodwa isandhla sake si seluliwe namanje.

26 U ya kupakamisela izizwe ezi kude indwangu, a ba hlabela umkosi ekugcineni komhlaba; bheka, ba ya kufika ngejubane masinyane.

27 A kako o ya kukatala a kubeke kubona; a kako o ya kozela a lale; namabande ezinkalo zabo a ka i kuxekiswa, nentambo yezicatulo zabo a yi i kuqatyulwa:

28 Aba zinti zabo zi bukali, nemicibityolo yonke yabo i gobile, izinyawo zamahashi abo zi yakuba njengensimbi, namasondo abo njengesivunguvungu.

29 Ukubodhla kwabo ku ya kuba njengokwebubesi, ba ya kubodhla njengamatole amabubesi, yebo ba ya kubodhla, ba i bambe impango, ba i mukise kahle, i nga bi sa buyiswa umuntu.

30 Na ngalolusuku ba ya kubadumela njengokuduma kolwandhle; noma omunye e lunguza umhlaba, u ya kubona ubumnyama nokuhlupeka, nokukanya se kumnyama ezulwini.

## ISAHLUKO 6.

NGOMNYAKA wokufa kwenkosi Uzia, nga bona uJehova e hlezi esihlalweni sobukosi, e pezulu, e pakeme, nenjobo yake ya li gcwalisa itempeli.

2 Ngapezu kwaso kwema amaserafi, ku ilelo li namapika a isitupa; ngamabili wa zisibekela ubuso, na ngamabili wa zisibekela izinyawo, na ngezimbili wandiza.

3 Elinye la memeza kwelinye li ti, Ngcwele, ngcwele, ngcwele, uJehova wamabandhla; wonke umhlaba u gcwele ubukosi bake.

4 Nezinsika zomnyango za zamazama ngezwi lake omemezayo, nendhlu ya gcwala umusi.

5 Nga ti mina, wo kimina! ngokuba ngi file; ngokuba ngi ngumuntu o zindebe zake zi ngcolile, ngi hlezi pakati kwabantu aba zindebe zabo zi ngcolile; ngokuba amehlo ami a i bonile inkosi, uJehova wamabandhla.

6 La se li ndizela kimi elinye iserafi, li pete ilahle elivutayo esandhleni salo, ela li li tate ngodhlawu ngapezu kwelati.

7 La li beka ngapezu komlomo wami, la ti, Bheka, loku ku zi tintile izindebe zako; isono sako si susiwe nobubi bako bu hlanjululiwe.

8 Nga buye ngezwa izwi lika Jehova, li ti, Ngi ya kutuma ubani na? si ya kuyelwa ubani na? Nga se ngi ti, Ngi lapa, tuma mina.

9 Wa ti hamba, u tyele lababantu, ukuti, ni yezwa, kodwa a ni zwisisi; ni ya bona, kodwa a ni bonisisi.

10 Yenza inhliziyo ya lababantu i kupale, nezindhlebe zi be butuntu, u vale amehlo abo; fune ba bone ngamehlo, bezwa ngezindhlebe, ba qonde ngenhliziyo, ba kolwe, ba sinde.

11 Nga ti mina, Jehova ko ze ku be nini na? Wa pendula wa ti, ko ze ku citeke imizi, i nga bi sa ba namuntu, nezindhlu zi nga be zi sa ba nabaninizo, nezwe li bi incitakalo yodwa.

12 NoJehova u be susele kude kakulu abantu, ku be kona ubuze obukulu ngapakati kwezwe.

13 Kodwa ngapakati kwalo ku ya kuba kona inxenye yeshumi, nayo i ya kubuya, i dhliwe; njengomuti weala nemala, okupila kwayo ku pakati kwayo, lapo i wisa amaqabunga ayo; njalo inzalo e ingcwele i ya kuba i lokokupila.

## ISAHLUKO 7.

KWA ti ngezinsuku zika Ahazi indodana ka Jotamu, indodana ka Uzia, inkosi ya kwa Juda, uRezina inkosi ya seSiria, noPeka indodana ka Remalia, inkosi ya kwa Israeli, ba kupukela eJerusalema ukulwa nalo, kodwa ba hluleka ukulahlula.

2 Kwa tyelwa indhlu ka Davida, kwa tiwa, iSiria li hlangene noEfraimi. Inhliziyo yayo ya zamazama, nenhliziyo yabantu bake, njengemiti yehlati i zanyazanyiswa umoya.

3 Wa ti uJehova kuIsaya, Hambake manje, u yo kuhlangana noAhazi, wena noShearjashubi indodana yako, ekugcineni komsele wecibi eli senhla emgwaqweni omkulu wensimu yomhlanzi wezingubo.
4 U ti kuyena, Hlakanipa u tule, u nge sabi, nenhliziyo i ngesatyiswa ilemisila emibili ya lezizikuni ezitunqayo, ngolaka olusabekayo luka Rezina kanye noSiria, no lwendodana kaRemalia.
5 Ngokuba iSiria, noEfraimi, nendodana ka Remalia, ba zizekele indaba embi ngawe, be ti,
6 Ma si kupukele eJuda, si li tukutelise, si zenzele ibala kona, si mise inkosi ngapakati kwalo, indodana ka Tabeali.
7 U tyo uJehova uTixo, a ku yi kuma; loko a ku yi kwenzeka futi.
8 Ngokuba ikanda la seSiria li iDamaseku, nekanda la seDamaseku li uRegina; na ngapakati kweminyaka e ngamashumi a isitupa nesihlanu, iEfraimi li ya kwapulwa, li nga be li sa ba isizwe.
9 Ikanda la seEfraimi li iSamaria, nekanda la seSamaria li indodana ka Remalia. Uma ka ni vumi ukukolwa iloku, impela a ni yi ku miswa.
10 Futi uJehova wa kuluma kuAhazi, wa ti.
11 Cela isibonakaliso, kuJehova uTixo wako; si cele noma enjulwini, noma ngapezulu.
12 Kodwa uAhazi wa ti, a ngi yi kucela, a ngi yi ku m yenga uJehova futi.
13 Wa ti Yizwani manje O ndhlu ka Davida; Ku into encane ukuba ni kataze abantu, kodwa ni ya kukataza uTixo wami futi na?
14 Ngako uJehova yena u ya kukunika isibonakaliso; bheka, intombi i ya kumita, i zale indodana, i bize igama layo ngokuti uEmanueli.
15 U ya kudhla ipehlwa nezinyosi, ukuba a ze a qonde ukwala okubi, a kete okulungileyo.
16 Ngokuba umntwana e nga ka kwazi ukwala okubi, a kete okuhle, izwe eni li zondayo li ya kuhlubukwa amakosi omabili alo.
17 uJehova u ya kuleta pezu kwenu, na ngapezu kwabantu benu, na ngapezu kwendhlu ka yihlo, izinsuku e zi nga ka fiki ku suke ngosuku lokupuma kuka Efraimi eJuda; inkosi ya seAsiria.
18 Ko ti, ngalolosuku, uJehova u ya kuhlabela umkosi impukane e nga segcineni ya sEgipite: nenyosi esizweni la seAsiria.
19 Zi ya ku fika, zi pumule zonke ezigodini ezi ihlane, nasemigodini yamatye, na pezu kwameva onke, na pezu kwezihlahla zonke.
20 Ngalololusuku uJehova u ya kugunda ngensingo etyelekiweyo ibona aba ngapesheya komfula, na kuyo inkosi ya seAsiria, ikanda, noboya bezinyawo; nayo i ya kuqeda futi isilevu.
21 Ko ti, nga lololusuku, indoda i ya kondhla inkomo entya, nezimvu ezimbili;
22 Ko ti, ngobuningi bobisi ezi ya kumnika lona, u ya kudhla ipehlwa ngokuba bonke abashiyiweyo ezweni ba ya kudhla ipehlwa nezinyosi.
23 Ko ti ngalololusuku, zonke izindawo lapo be ku kona amavini a inkulungwane, a lingene isiliva eli inkulungwane, zi ya kuba imizungulu nameva.
24 Abantu ba ya kufika be pete izinkandi nemicibityolo, ngokuba izwe lonke li ya kuba imizungulu nameva.
25 Na kuzo zonke izintaba ezi linywa ngegeja, a ku yi kuvela ukwesaba imizungulu nameva: kodwa zi ya kuba idhlelo lezinkabi, nendawo yokunyatela yezinkomana.

## ISAHLUKO 8.

FUTI uJehova wa ti kimi, Zitatele ipepa elikulu elisongiweyo, u lobe kulona ngo Maher-shalal-hash-bazi.
2 Nga zitatela ofakazi abaqinileyo, uUria umpristi, noZekaria indodana ka Jeberekia,
3 Nga ya kumprofeti wesifazana; wa mita, wa zala indodana, wa e se ti uJehova, kimina, biza igama lake ngokuti uMaher-shalal-hash-bazi.
4 Ngokuba ingane i nga ka kwazi nokukala, Baba wami, no Mame wami ubucebi buka Damaseku, nempango ka Samaria yo suswa ngapambi kwenkosi ya seAsiria.
5 uJehova wa kuluma futi kimina, wa ti,
6 Ngokuba laba bantu ba ya wala amanzi eShiloa a hamba kancane, ba jabula ngoRezina nendodana ka Remalia.
7 Manjeke, bheka, uJehova u ya ba fikela ngamanzi omfula, a namandhla amaningi, inkosi ya seAsiria, nobukosi bonke bake; u ya kugcwalisa yonke imisele yake, eqe nezindonga zonke zake;

8 Naye u ya kudhlula eJuda; u ya kugcwala, eqe, u ya kufika nasentanyeni: nokweluleka kwamapiko ake ku ya kugcwalisa ububanzi bomhlaba wako O Imanueli.

9 Zihlanganiseni, ni ya kuhletyulwa; ni nike indhlebe, nonke nina bezizwe ezi kude; zigqokiseni ni ya kwepulwa; zigqokiseni, ni ya kwepulwa.

10 Kulumani nodwa, ku ya ku ba ize; yityoni izwi, ka li yi kuma; ngokuba uTixo u nati.

11 Ngokuba uJehova u kulumile loku kimina ngesandhla esi namandhla, wa ngi yaleza ukuba ngi nga hambi ngendhlela ya laba bantu, e ti.

12 Musani ukuti, Inhlanganyelo, kubo, bonke aba ya kubizwa ngalaba bantu ngokuti, Inhlanganyelo: ni ngetuki ibona, nesabe.

13 Konzani uJehova wamabandhla yedwa; yena ma ka be ukwesaba kwenu, a be ukwetuka kwenu.

14 Yena u ya kuba indhlu e ingcwele, a be itye lokukubeka, netye lokutukutelisa kuzo zombili izindhlu za kwaIsraeli, a be isikubekiso kubantu baka Jerusalema.

15 Nabaningi kubona ba ya kukubeka, ba we, ba puke, ba badjwe, ba tatwe.

16 Songani isivumelwano ni namatelise umteto kubo abafundi bami.

17 Ngi ya ku m sebenzela uJehova, o bu tukusayo ubuso bake kuyo indhlu ka Jakobe, ngi ya kumfuna.

18 Bheka, mina nabantwana e ngi ba piwe uJehova ba izimangaliso nezibonakaliso zika Jehova namabandhla eIsraeli, o hlezi entabeni iZioni.

19 Na lapo ba ya kuti kinina, Funani ezinyangeni zokubula, na kubatakati abalunguzayo, nabanyenyezayo; a ku fanele ukuba abantu ba fune kuye uTixo wabo na?

20 Kuwo umteto, na kuso isivumelwano; uma be nga kuluma njenga lelizwi ku ngokuba a ku ukukanya kubo.

21 Ba ya kuwudhlula be xinekile be lambile: ko ti, lapo se be lambile, ba ya kuzisola, ba i tuke inkosi yabo noTixo wabo, ba bheke pezulu.

22 Ba bheke na kuwo umhlaba; ba bone ukuhlupeka nobumnyama, ukuswelela nokukala; ba xotyelwe ebumnyameni.

ISAHLUKO 9.

KEPA ukufipala a ku yi ba njengokuba kwa ku njalo ekukatazekeni kwalo lapo ekuqaleni wa kataza kalula izwe la seZebuloni nezwe la seNaftali na ngasemva wa li kataza kakulu nga selwandhle ngapesheya kweJordani eGalile lezizwe.

2 Abantu aba be hamba ebumnyameni ba ku bonile ukukanya okukulu; na labo aba hlezi ezweni letunzi lokufa, ukukanya kwa ba kanyisa.

3 Wandisile isizwe, u nga yandisanga injabulo: ba tokoza pambi kwako njengokutokoza kwa sekuvuneni, nanjengokutokoza kwabantu lapo ba belana impango.

4 Ngokuba u lapulile ijokwe lomtwalo wake nenduku yake yokwetyata noti lomhlupayo njenga sosukwini luka Midiani.

5 Ngokuba ukulwa konke ko hlomileyo ku xubene nomsindo, nezingubo zi manzi igazi, kepa loku ku ya kutyisisa okomlilo wamalahle.

6 Ngokuba si zalelwe umntwana, si nikiwe indodana; ubukosi bu ya kuba emahlombe ake; u ya kubizwa ngokuti Umangaliso, Isazi, uTixo o namandhla, Uyise o simakade, Inkosi Yokutula.

7 Ukwanda kobukosi bake nokutula a ku yi kuba namkaulo, e sa hlezi esihlalweni sobukosi sika Davida, na sembusweni wake, ukuze a wu qinise, a wu mise ngokwahlulela nokulunga kaloku napakade. Ukunakekela kuka Jehova wamabandhla kwa ku feza loku.

8 uJehova wa tuma izwi kuJakobe lehlela pezu koIsraeli.

9 Abantu bonke ba ya kwazi, noEfraimi nowakileyo eSamaria, aba ti ngokuzidhla nangokupikelela kwenhliziyo.

10 Isitini si wile, kepa si ya kwaka ngamatye a baziweyo: imitombe i gauliwe, kepa si ya ku yi pendula i be amasedare.

11 Ngako uJehova u ya kumvusela uRezina izita zake, a zi hlanganise ndawonye:

12 Aba seSiria pambili, namaFilisti ngasemuva; ba ya kumudhla uIsraeli ngomlomo o kamisileyo, kodwa ngako konke loko ukutukutela kwake a ku yi kupenduka, nesandhla sake selulekile njalo.

13 Ngokuba abantu a ba buyeli kuye o ba tyayileyo, a ba m funi uJehova wamabandhla.

14 Ngako uJehova u ya kunquma ikanda nomsila kuIsraeli, ilala nebuma ngalusuku lunye.

15 Ilunga, nopakamileyo, u ikanda; umprofeti o fundisa amanga u ngumsila.
16 Ngokuba abaholi ba lababantu ba ya ba pambukisa; nabaholwayo ibo ba bujiswe.
17 Ngako uJehova a ka yi kutokoza ngezinsizwa zabo, a ka yi kuba nomusa kwaba nge nabo oyise na kubafelokazi; ngokuba bonke ba ngabazenzisi, nabenzi bokubi, nemilomo yonke i shumayela okubi. Kodwa noko ukutukutela kwake a ku yi kupenduka, nesandhla sake selulekile njalo.
18 Ngokuba ukukohlakala ku ya tyisa njengomlilo; ku ya kuqeda ubobo nameva, ku pembeke emahlahleni ehlati, ba ya kukupuka njengokupuka komusi.
19 Ngolaka luka Jehova namabandhla izwe limnyama, abantu ba ya kuba njengezinkuni zomlilo; amuko namunye o ya kumpata kahle umfo wabo.
20 U ya kuhlwita ngakwesokunene, a lambe; a dhle ngakwesokohlo, a nga suti: ba ya kudhla, ilowaya na lowaya inyama yengalo yake.
21 uManasa u ya ku zondana noEfraimi, noEfraimi u ya ku zondana noManasa; bonke ba ya kuxabana noJuda. Noko ukutukutela kwake a ku pendukanga, kepa isandhla sake selulekile njalo.

## ISAHLUKO 10.

NAKO ku labo abenza imiteto emibi, na ku labo aba loba usizi aba lu misileyo.
2 Aba gudhlukisa abadingayo ekwahlulelweni, naba susa okulungileyo kubantu bami abampofu, ukuze ba pange abafelokazi kanye nezinkedama.
3 Ni ya kwenzani ngosuku lokuhanjelwa, na sekucitakaleni oku ya kuvela kude na? ni ya kubalekela kubani ukuba a ni size na? Ni ya kushiyapi udumo lwenu na?
4 Ngapandhle kwami ba ya kukotama ngapansi kwezibotywa, ba we ngapansi kwababuleweyo. Noko ku njalo konke ukutukutela kwake a ku pendukile, kepa isandhla sake si selulekile njalo.
5 Wo kuAsiria, intonga yolaka lwami; udondolo olu sesandhleni sabo lu ukutukutela kwami.
6 Ngi ya tumela kuye isizwe esizenzisayo, nakubantu bolaka lwami ngi ya kumyala, a tate impango, nengcebo nokubanyatela pansi njengodaka lwa sezitaladini.
7 Kepa a ka tyo njalo, nenhliziyo yake a yi qondi njalo; kodwa ku senhliziyweni yake ukububisa nokunquma izizwe eziningi.
8 Ngokuba u ti, Izikulu zami a zi iwo amakosi na?
9 uKalno a ka njengoKakemishi na? uHamati a ka njengoApadi na? iSamaria a li njengeDamaseku na?
10 Njengokuba isandhla sake si fumene imibuso yezitombe, nemifanekiso e baziweyo ya hlula eya seJerusalema neya seSamaria.
11 Ngi ngenze yini kuJerusalema na sezitombeni zalo, njengaloku ngenza kuSamaria na sezitombeni zalo na?
12 Ngako ku ya kuti, lapo uJehova e se qedile wonke umsebenzi wake entabeni eZioni na seJerusalema, ngi ya kutyaya okupumayo enhliziyweni e nenkani yenkosi ya seAsiria, nodumo lokuzazisa kwake.
13 Ngokuba ya ti, ngamandhla esandhla sami ngi kwenzile loku, nangokuhlakanipa kwami: ngokuba ngi qondile: ngi susile imikaulo yabantu, ngi pangile ingcebo yabo, ngi wisile pansi abakileyo njengomuntu o isiqwaga.
14 Nesandhla sami si fumene njengesihleke ingcebo yabantu; nanjengobutayo amaqanda aseleyo, ngi wu butile wonke umhlaba: a kwa bako o zamazamisa ipiko, no vula umlomo no cingayo.
15 Imbala, izembe li ya kuzikukumeze kuye o gaule ngalo na? nesaha li ya kuzipakamisa kuye o li qubayo na? njengokungati induku i zizamazisa kwabayipakamisayo, noma udondolo lu zipakamisa ngo kungati ka silo ukuni.
16 Ngako uJehova, uJehova wamabandhla, wo tuma ukonda pakati kwabanonileyo bake; nangapansi kodumo lwake u ya kupemba ukutyisa njengokutyisa komlilo.
17 Ukukanya kuka Israeli ku ya kuba njengomlilo, no ingcwele wake wo ba njengelangabi; ku ya kutya ku qede ameva ake, nobobo lwake ngosuku lunye;
18 U ya kuqeda udumo lwehlati nolwensimu yake etelayo, na sempefumlweni ku ze ku fike nasemzimbeni; ba ya kuba njengesiguli si pela amandhla.
19 Nensali yemiti yehlati lake i ya kuba ingcozana i lingane ukubalwa umntwana.
20 Ku ya kuti ngalolusuku insali ka Israeli nabasindileyo bendhlu ka Jakobe,

ka ba yi kupinda ba zimise kuye o ba
tyayileyo, kodwa ba ya ku zimisa ku-
Jehova o ingcwele ka Israeli, ngokwe-
mpela.
21 Insali i ya kubuya, insali ka Jakobe
i buyele kuTixo o namandhla.
22 Ngokuba noko abantu bako aba-
Israeli ba njengesihlabati solwandhle,
insali yabo i ya kubuya: ukutyisa oku-
misiweyo ku ya kuba kukulu ngoku-
lunga.
23 Ngokuba uJehova uTixo wamaba-
ndhla u ya kububisa, njengokumisiweyo
pakati kwezwe lonke.
24 Ngako u ti uJehova uTixo wama-
bandhla, We bantu bami abakile eZioni,
ni nga mesabi owa seAsiria: u ya ku-
mtyaya ngentonga, a ni pakamisele udo-
ndolo lwake, njengakwenza Egipite.
25 Ngokuba ngesikatyana esincane,
isinengiso si ya kupela, nolaka lwami
ekubujisweni kwabo.
26 uJehova wamabandhla wo m vuse-
la ukutyaya njengokubulawa kweMidia-
ni edwaleni la seHorebi; nanjengaloku
intonga yake ya yi pezu kolwandhle,
njalo u ya kuyipakamisa njengokwenza
kwake Egipite.
27 Ku ya kuti ngalololusuku, umtwalo
wake wo kwelulwa ehlombe lako, nejo-
kwe lake entanyeni yako, nejokwe li ya
kubulawa ngenxa yokugcotywa.
28 U fikile eAiati, u dhlulile eMigroni;
u misile izinqola zake eMikmashi.
29 Ba welile ezibukweni: bakile eGa-
ba; iRama li yesaba; iGibea lika Sauli
li balekile.
30 Pakamisa izwi lako ndodakazi ya
seGalimi; lenze li zwakale eLaishi, we-
na Anatoti o hlupekileyo.
31 iMadmena li susiwe; abakile eGe-
bimi ba butana ukuba ba baleke.
32 Ngalololusuku u ya kuhlala eNobi:
a nikine isandhla sake intaba yendoda-
kazi ya seZioni, intaba ya seJerusalema.
33 Bheka uJehova, uJehova wamaba-
ndhla, u ya kunquma igatya ngokwesa-
bekayo: naba izikulu u ya kuba nquma,
nabazikulisayo ba ya kutotyiswa.
34 U ya kunquma amahlahla ehlati
ngezembe, neLebanoni li ya kuwa ngo-
mkulu.

ISAHLUKO 11.

KU ya kuvela intonga esipunzini sika
Jese, negatya li ya kumila ezimpa-
ndeni zake.
2 Nomoya ka Jehova u ya kuhlala
pezu kwake, umoya wokuhlakanipa
nowokwazi; umoya wamasu, nama-
ndhla: umoya wokwazi, nowokwesaba
uJehova:
3 A menze e sabe masinyane uJehova;
a nga be e sa nquma ngokubona nga-
mehlo ake, a nga be e sa yala ngokuzwa
ngezindhlebe zake.
4 Kodwa abampofu u ya kubabela
ngokulunga, a yale ngokulingeneyo aba-
tobileyo bomhlaba: a tyaye umhlaba
ngentonga yomlomo wake, nangomoya
wezindebe zake, u ya kubulala ababi.
5 Ukulunga ku be uqoto lwesinqe, ne-
qiniso li be uqoto lokuzibopa.
6 Impisi i ya kuhlala necwane, nengo-
nyama i ya kulala kanye nezinyane
lembuzi; nenkonyana nezinyane lebu-
besi, nenkatyana kanye kanye: umtwa-
nyana u ya kuzihola.
7 Kwaluke inkomazi nebere; nama-
zinyane azo a lale pansi ndawonye; ne-
bubesi, li dhle utyani njengenkabi.
8 Nomntwana o ncelayo u ya kudhlala
pezu komgodi webululu, nolunyuliweyo
a beke isandhla emgodini wenyoka.
9 A zi ya ku limaza zi bulale kuyo
yonke intaba yami e ngcwele; ngokuba
umhlaba u ya kugcwala ngoku m azi
uJehova, njengamanzi e gcwalisa ulwa-
ndhle.
10 Na ngalololusuku ku ya kuba kona
impande ka Jese, e ya ku ma e isiboniso
kubantu: abezizwe ba m fune; noku-
pumula kwake ku be ngcwele.
11 Ko ti nga lololusuku, uJehova u
ya kwelula isandhla sake ngokwesibili
ukubuyisa insali yabantu bake abase-
leyo, Asiria, na sEgipite, na sePatrosi,
na seKushi, na seElami, na seShina, na
seHamati, naseziqingini zolwandhle.
12 U ya kumisela izizwe isibonakaliso;
a bute incitakalo ka Israeli, a butele
ndawonye abahlakazekileyo baka Juda
kwasemikaulweni yomhlaba.
13 Umona ka Efraimi u ya kupela,
nezita zika Juda zi ya kunqunywa,
uEfraimi a ka yi ku ba nomona ngo-
Juda, noJuda a ka yi ku m hlupa uEfra-
imi.
14 Kodwa ba ya kundiza emahlombe
amaFilisti ngasentyonalanga, ba ba
pange abasempumalanga kanye kanye;
ba beke isandhla sabo pezu kweEdomi
neMoabi; nabantwana baka Amoni ba
ba lalele.
15 uJehova u ya kuqeda impela iteku
lolwandhle lwa sEgipite, nangomoya
wake o namandhla a nikine isandhla

sake pezu komfula, a wu tyaye ezimba-
xeni zawo ezi isikombisa, enze ukuba
abantu ba wele bomile.
16 Ko ba kona umgwaqo o banzi we-
nsali yabantu bake aba sele Asiria:
njengaloku kwa ba njalo kuIsraeli ngo-
suku lokupuma kwake ezweni la sEgi-
pite.

ISAHLUKO 12.

NGA lololusuku u ya kuti, Jehova, ngi ya kukonza wena; noko wa u ngi tukutelele, ulaka lwako lu pendukile, u ya ngi duduza.
2 Bheka, uTixo u insindiso yami; ngi
ya kwetemba, ngi nge sabi, ngokuba
uJehova u ngamandhla ami, nesihlabe-
lelo sami.
3 Ngako ngokujabula ni ya kuwaka
amanzi emitonjeni yensindiso.
4 Na nga lololusuku ni ya kuti, Du-
misa uJehova, shumayela igama lake,
bonakalisa izenzo zake kubantu, ni tyo
ukuba igama lake li pakeme.
5 Hlabelela kuJehova: ngokuba u
zenzile izinto ezilungileyo: loku ku ya-
ziwa ezweni lonke.
6 Memeza kakulu wena owakileyo
eZioni, ngokuba o ingcwele ka Israeli
mkulu ngapakati kwako.

ISAHLUKO 13.

UMTWALO weBabulona o wa bonwa uIsaya indodana ka Amozi.
2 Pakamisani indwangu yesibona-
kaliso entabeni enkulu, ni ba paka-
misele izwi, ni nikine izandhla, ukuze
ba ngene emasangweni ezikulu.
3 Ngi ba yalile abaingcwele bami, ngi
ba bizile futi abakulu bami ngenxa yo-
laka lwami, bona abajabula ngobukulu
bami.
4 Umsindo wesixuku ezintabeni, kwa-
ngati abantu abaningi; umsindo omku-
lu wemibuso yezizwe zi butene; uJe-
hova wamabandhla u ya buta ibandhla
lokulwa.
5 Ba vela ezweni elikude, ekugcineni
kwezulu, uJehova, nezikali zokutuku-
tela kwake, ukubulala izwe lonke.
6 Bubulani; ngokuba usuku luka Je-
hova lu fikele, lu ya kufika njengesibu-
biso sika simakade.
7 Ngako zonke izandhla zi ya kuda-
ngala, nezinhliziyo zonke zabantu zi ya
kuncibilika:
8 Ba ya kwesaba, ba fikelwe ubuhlu-
ngu nohlupo, ba be nobuhlungu obu
njengobesifazana si beleta; ba bekane
ngokumangala; ubuso babo bu be nje-
ngamalangabi.
9 Bheka, usuku luka Jehova lu yeza,
lu nonya ngokutukutela okukulu, uku-
licita izwe; u ya kubulala izoni kulona.
10 Ngokuba izinkanyezi zezulu noku-
kanya kwazo, a zi i kubakanyisa bona;
ilanga li ya ku ba mnyama ekuhambeni
kwalo, nenyanga a i yi ku kipa uku-
kanya kwayo.
11 Ngi ya kuwutyaya umhlaba ngenxa
yobubi bawo, nababi ngenxa yobubi
babo; ngenze ubuhle babazidhlayo bu
pele, ngi wise pansi ukuziqenya kwa-
besabekayo.
12 Ngenze umuntu a be igugu ku ne-
golide elihle, umuntu ku ngolide eli igu-
gu la seOfire.
13 Ngako ngi ya kulizamazamisa
izulu, nomhlaba u ya kusuka endaweni
yawo, olakeni luka Jehova wamaba-
ndhla, na ngosuku lokutukutela oku-
kulu kwake.
14 Ku ya kuba njengenyamazane e
xotyiweyo, na njengemvu e nga xotywa
muntu; ilowo u ya kubuyela kubantu
bake, ba balekele bonke ezweni labo.
15 O tolwayo u ya kugwazwa; naye
o hlangene nabo u ya kuwa ngenkemba.
16 Abantwana babo futi ba sakazwe
ngapambi kwamehlo abo; izindhlu
zabo zi ya kucitwa, nabafazi babo bo-
niwe.
17 Bheka, ngi ya kuvusa amaMidia
nga kubona, aba nga yi kulinaka isiliva;
negolide a ba i kujabula ngalo.
18 Imicibityelo yabo i ya kuzisakaza
izinsizwa, ba nga i dabukeli nenzalo
yabo; iso labo a li i kusindisa aba-
ntwana.
19 NeBabulona, udumo lwemibuso,
ubuhle benkazimulo yamaKaldi, ku ya
kuba njenga lapo uTixo wa wisa pansi
iSodoma neGomora.
20 A li yi kwakiwa nakanye, a ku yi
kuhlaliwa kona na sezizukulwaneni,
ngezukulwane; neArabia a li yi kumisa
kona; nabalusi bezimvu a ba yi kusi-
biya isibaya kona.
21 Kodwa izilwane za sendhle zi ya
kulala kona; nezindhlu zazo zi ya ku-
gcwala okwesabekayo; ku ya kuhlala
izikova kona, nezinunu zi sine kona.
22 Nezilwane zeziqingi zi kale ezi-
ndhlini zazo ezicitekileyo, ku hlale
izinyoka ezindhlini zazo ezinhle; nesi-
kati salo se si seduze: nezinsuku zalo a
zi yi kwandiswa.

## ISAHLUKO 14.

NGOKUBA uJehova u ya kumdabu-
kela uJakobe a buye a u kete uIsra-
eli, a ba beke ezweni labo; nabanga-
ziwayo ba hlanganiswe nabo, ba nama-
tele endhlini ka Jakobe.
2 Nabantu ba ya kubatata ba ba lete
endaweni yabo; nendhlu ka Israeli i ya
kubafuya ezweni lika Jehova, ba be izi-
neeku nezincekukazi; ba benze izigqili
aba be izigqili zabo; ba buse pezu kwa-
babahlupayo.
3 Ko ti ngosuku e ni ya kupumuzwa
ngalo ezinhlupekweni zenu nguJehova,
na sekwesabeni kwenu na sebugqilini
benu obulukuni e be ni sindezelwa
ngabo.
4 Ni ya kuitatela inkosi ya seBabu-
lona no ku tyo ni ti, Wa pela umhlupi!
Wa pela umuzi wegolide!
5 uJehova u lwapulile udondolo lwa-
babi nentonga yababusi.
6 Yena o wa tyaya ngolaka abantu
ngokutyaya okungakaukiyo, yena owa
busa izizwe ngolaka, u hlutyiwe, a ka
lanyulelwa muntu.
7 Umhlaba wonke u ya pumula, u
tule; ba bidhlika ngokuhlabelela.
8 Yebo, imiti yamafire i ya jabula
ngawe namaSedare a seLebanoni, i ti,
i loku wa miswa wena, akako umgauli
o si vukeleyo.
9 Isihogo sa ngapansi si ya nyakazela
ngawe ukukuhlangabeza ekuzeni kwa-
ko, si vuse abafileyo ngawe, izikulu
zonke zomhlaba: si vusile ezihlalweni
zobukosi bazo onke amakosi ezizwe.
10 Bonke aba kuluma be ti kuwe, na-
we u su bu takataka njengati na? U su
njengati na?
11 Ukuziqenya kwako kwehliselwe
etuneni, nomsindo wezingumbu zako;
izimpetu zalukele ngapansi kwako, ne-
zimpetu zi ya kusibekela.
12 Au ukuwa kwako ezulwini o Lu-
sifa, ndodana yokusa; Au, ukuqunywa
kwako pansi, wena o wa u tobisa
izizwe!
13 Ngokuba u tyilo enhliziyweni yako
wa ti, ngi ya kukupukela ezulwini, ngi
ya kumisa isihlalo sami sobukosi pezu
kwezinkanyezi zika Tixo; Ngi ya ku-
hlala futi pezu kwentaba yomhlangano,
ezinhlangotini zenyakato;
14 Ngo kupuka pezu kwamafu ezulu;
Ngo ba ngangaye o pezu kwako konke.
15 Noko u ya kuletwa pansi esiho-
gweni, emaceleni omgodi.
16 Abakubonayo ba ya kukusinga-
singa ba ku qonde, ba ti, Uye lo o wa
tutumelisa umhlaba, no wa zamazamisa
imibuso na?
17 O wenza umhlaba u be ihlane, no
wa bulala imizi yakona; o nga vulanga
indhlu yezibotywa.
18 Onke amakosi ezizwe, onke, a lele
embusweni i leyo endhlini yayo.
19 Kodwa wena u ntyingiwe njenge-
gatya elizondekayo, na njengezivato za-
babuleweyo, be gwazwe ngenkemba be-
hlela emifantini yamatye njengesidu-
mbu si nyatelwe ngezinyawo.
20 A ku yi ku hlanganiswa nabo ngo-
kumbelwa, ngokuba u li citile izwe
lako, u bulele abantu bako; imbeu ya-
babi a i ku suswa nakanye.
21 Lungisela ukubulawa kwabantwana
bake, ngenxa yobubi boyise ukuze ba
nga vuki, ba fuye izwe, ba gcwalise
izwe ngemizi.
22 Ngokuba ngi ya kubavukela, u tyo
uJehova wamabandhla, a nqume eBa-
lulona igama, nensali, nendodana no-
mzukulwane u tyo uJehova.
23 Ngi ya kulenza li be indawo yoku-
hlala onondwebu, namacibi amanzi, ngi
li tyanele ngomtyanelo wokububisa, u
tyo uJehova wamabandhla.
24 uJehova wamabandhla u fungile,
e ti, impela njengokucabanga kwami,
ku ya kuba njalo, na njengokutyo kwa-
mi, ku be njalo.
25 Ukuti, ngi ya kumapula umuntu
wa seAsiria ezweni lami, na ngapezu
kwezintaba zami ngi m nyatele ngo-
nyawo; njaloke ijokwe lake li ya ku-
muka kubona, nomtwalo wake u suke
emahlombe abo.
26 Iko loku e ngi ku cabangele
umhlaba wonke; na lesi, si isandhla
eseluliweyo pezu kwezizwe zonke.
27 Ngokuba uJehova wamabandhla u
tyilo, ubani o nga ku pendula na? nesa-
ndhla sake seluliwe, ubani o nga si bu-
yisa na?
28 Lomtwalo u ngowomnyaka wo-
kufa kuka Ahazi inkosi.
29 Ni nga jabuli, nina Palestina
nonke, ngokuba intonga yake o ni tya-
yileyo yapukile; ngokuba empandeni
yenyoka ku ya kupuma inyoka, nenzalo
yayo i ya kuba inyoka yomlilo endizayo.
30 Nowamazibulo wompofu u ya ku-
dhla, nodingayo a lale ngokwetemba;
ngi ya kubulala impande yako ngendhla-
la, naye u ya kubulala insali yako.

31 Bubula sango; kala muzi; wena
Palestina lonke, wahlukene; ngokuba
ku ya kuvela enyakato umusi, a kako o
ya kuba yedwa ngesikati sake esimisi-
weyo.
32 Izigijimi zezwe zi ya kupendulwa
ngokutini na? ukuba uJehova u mi-
sile iZioni, nabampofu babantu bake ba
tembe kulona.

## ISAHLUKO 15.

UMTWALO ka Moabi. Ngokuba ebu-
suku iAri lika Moabi li citekile li
tulisiwe; ngokuba ebusuku iKire lika
Moabi li citekile, li tulisiwe;
2 U kupukele eBajiti, na kuDiboni,
izindawo ezipakamileyo, ukukala; iMo-
abi li ya kububula pezu kweNebo, na
pezu kweMedeba; onke amakanda abo
a be nempandhla, nezilevu zonke zi
puciwe.
3 Ba ya kuzigqokisa ngamasaka ezita-
ladini zabo; ngapezu kwezindhlu zabo,
na sezitaladini zabo, ilowo njalo u ya ku-
bubula, e kala kakulu.
4 NeHeshbona li ya kukala, neElea-
le; izwi labo li ya kuzwakala naku-
Jahazi; ngako amabuto aka Moabi a
hlonzileyo a ya kukala; ukupila kwake
ku ya kumhlupa.
5 Inhliziyo yami i ya kukalela iMoabi;
ababalekileyo bake ba ya kubalekela
iZora, isitole e sie iminyaka emitatu:
ngokuba ngokukupuka kwalo eLuhite
ba ya kukupuka be kala; ngokuba
endhleleni e ya eHoronaimi ba ya ku-
veza ukukala kokuciteka.
6 Ngokuba amanzi eNimrimi a ya ku-
citeka; ngokuba utyani bu pelile uku-
buna, utyani bu tyile, a ku seko oku-
luhlaza.
7 Ngako imfuyo aba i tolileyo, nayo
aba i kwezileyo, ba ya kuiyisa emfuleni
wemiti.
8 Ngokuba ukukala se ku finyelele
emikaulweni ya seMoabi nokububula
eEglaimi, nokububula eBerelimi.
9 Ngokuba amanzi eDimona a ya ku-
gcwala igazi; ngokuba ngi ya kwenge-
zela eDimona amabubesi eMoabi, na
kwaseleyo ezweni.

## ISAHLUKO 16.

TUMANI ixwani kuye umbusi wezwe
li suke eSela li ye li fike ehlane,
entabeni yendodakazi ya seZioni.
2 Ko ba njengenyoni ezulayo, e kity-
we esidhlekeni sayo, njalo amadodakazi
a seMoabi a ya kuba njalo emazibukwe-
ni a seArnoni.
3 Hlanganani, nenze okulungileyo,
yenza isitunzi sako si be njengobusuku
bu vele emini; ni tukuse abaxotyiweyo;
ni nga m bambi ozulazulayo.
4 Abantyingiweyo bami ma ba hlale
nawe, Moabi; u be isivikelo ku bona
nga kubo ubuso bompangi; ngokuba a
ka seko umhlupi, nompangi ka seko, aba
hlupayo ba qediwe ezweni.
5 Na ngomusa isihlalo sobukosi si ya
ku miswa; naye u ya kuhlala pezu kwa-
so ngokulunga endhlini ka Davida, ehlu-
lela, e funa ukwahlulela, e tyetyisa uku-
lunga.
6 Si zwile ngokuzidhla kuka Moabi; u
ya zidhla kakulu, nokuzikukumeza kwa-
ke, nokuzidhla kwake nolaka lwake;
kodwa amanga ake a i kuma.
7 Ngako iMoabi li ya kububulela
iMoabi, bonke ba ya kububula; ngenxa
yezimiso ze Kirhareseta ni ya kulila;
impela ba hlutyiwe.
8 Ngokuba amasimu eHeshbone a bu-
nile, nevini leLibma; Amakosi abezizwe
a yapulile imiti yakona, a fikile na ku
Jazeri, a li zulile ihlane; amagatya alo
elulekile, a lu welile nolwandhle.
9 Ngako ngi ya ku li kalela ivini la se-
Sibma ngokukala kuka Jazeri; ngi ya
ku ku consela ngezinyembezi zami, we-
na Heshbone, noEleale, ngokuba ukuja-
bula kwezitelo zenu zehlobo, nokuvuna
kwenu, ku pelile.
10 Nokujabula ku susiwe, nenjabulo
ensimini evundileyo; nasezivinini a ku
i ku bako ukuhlabelela, nokumemeza;
abanyatelayo a ba sa yi kulinyatela iwa-
ini ezikamweni zabo; ngi i pezisile inja-
bulo yabo ya loko.
11 Ngako izibilini zami zi ya kuzwa-
kala njengogumbu ngenxa ka Moabi,
nokupakati kwami ngenxa ka Kir-ha-
reshi.
12 Ko ti lapo se ku bonakele ukuba
iMoabi li katele endaweni epezulu, u ya
ku fika a tandaze endaweni yake e
ingcwele; kepa a ka i kwahlula.
13 Ileli izwi ela kulunywa uJehova
ngeMoabi ngasemva kwaleso sikati.
14 Kodwa manje uJehova u kulumile,
e ti, olu nga ka dhluli iminyaka emita-
tu, njengeminyaka yokokelwayo, udumo
luka Moabi lu ya kuqedwa, kanye naso
sonke lesosixuku esikulu, nensali i ya
kuba ncane kakulu, i be butakataka,
kakulu.

## ISAHLUKO 17.

UMTWALO weDamaseku. Bheka umuzi weDamaseku wapuciwe, li ya kuba okudilikileyo.

2 Imizi ya seAroeri i balekelwe, i ya kuba e yemihlambi, e ya kulala kona i nge tuswa muntu.

3 Inqaba i ya ku pela Efraimi nombuso eDamaseku, nensali ya seSiria i ya kuba njengodumo lwabantwana baka Israeli, u tyo uJehova wamabandhla.

4 Ko ti nga lolosuku, ubukulu buka Jakobe bu ya kuncityiswa, nokukulupala kwenyama yake ku ya kuzaca.

5 Ku ya kuba njengaloku umvuni u vuna amabele, e vuna izikwebu ngengalo yake; ku ya kuba njengaye o vuna izikwebu esigodini sa seRefaimi.

6 Noko insali i ya kusala kona, njengokuzanyazanyiswa komuti weolive, izigaqa ezibili noma ezitatu egatyeni elipezulu kakulu, nezigaqa ezine noma ezihlanu ezingatyeni ezi ngapandhle ezitelayo u tyo uJehova inKosi ya kwa Israeli.

7 Ngalolosuku umuntu u ya kubheka umenzi wake, namehlo ake a ya ku m konza o ingcwele ka Israeli.

8 A ka i ku bheka kuwo amalati, umsebenzi wezandhla zake, a nga ku naki loko okwenziwe iminwe yake, amahlati nezitombe.

9 Ngalolosuku izinqaba zake zi ya kuba izingatya ezideliweyo, nengatya e pezulu, aba i shiyileyo ngenxa yabantwana baka Israeli; ku ya kuba kona incitakalo.

10 Ngokuba u i kohlile inKosi yensindiso yako, u nga li kumbulanga itye lamandhla ako, ngako u ya kutyala imiti elungileyo, u tyale amahlumela a ngaziwayo.

11 Emini u ya kukulisa umuti wako, nakusasa u ya kuhlumisa imbeu yako, kodwa ekuvuneni ku be ize osukwini lwenhlupeko enzima.

12 Wo! eningini labantu abaningi, a benza umsindo o njengomsindo wezilwandhle eziningi; na sekugijimeni kwezizwe, a benza umsindo njengomsindo wamanzi amaningi!

13 Izizwe zi ya kugijima njengokugijima kwamanzi amaningi: kodwa uTixo u ya kubakuza, ba ya kubalekela kude, ba xotywe njengotuli lwezintaba ngapambi komoya, na njengento e gingqikayo ngapambi kwesivunguvungu.

14 Bheka kusihlwa ku be kona ukuhlupeka a nga biko lapo se ku sile. Nasi isabelo sabo aba sipangayo, naba sebelayo.

## ISAHLUKO 18.

AU ezweni eli izitunzi zamapiko, eli ngapambi kwemifula ya seEtiopia;

2 Eli tumela izigijimi ngolwandhle, nasemikunjini yemihlanga pezu kwamanzi, be ti, Hambani nina zigijimi ezi tyetyayo, kulo izwe eli hlakazekileyo neli hlutyiweyo, kubantu o kwa i loku, ba be sabeka, izwe eli hlukanisiweyo neli nyatelwe pansi, nezwe labo loniwe imifula:

3 Nina nonke bomhlaba, naba hleziyo emhlabeni bhekani, lapo e pakamisa indwangu e isibonakaliso ezintabeni; na lapo e beta itilongo, yizwani nina.

4 Ngokuba uJehova wa tyo njalo kimi, ngi ya kupumula mina, ngi qonde endaweni yami yokupumula njengokubalela kwemiti, na njengefu lombete ekufudumaleni kokuvuna.

5 Ngokuba ku nga ka vunwa, isitombo si sa lungile, nenhlamvu yesivini esi munyu si sa zi milela embalini, u ya ku wa nquma amahlumela ngomese wokutena, a wa suse, a nqume namagatya.

6 A ya kusala ndawonye, a shiyelwe izinyoni zezintaba, nezilwane zomhlaba; nezinyoni zenze ihlobo pezu kwawo nezilwane zonke zomhlaba zezwe ubusika pezu kwawo.

7 Na ngalesosikati umnikelo u ya kuletwa kuJehova wamabandhla, u vela kubantu a ba hlakazekileyo naba hlutyiweyo, na kubantu aba be sabeka kona kuqala; isizwe esahlukanisiweyo nesi nyatelwe ngonyawo, izwe labo e se loniwe imifula, kwa ze kwa fika endaweni e negama lika Jehova wamabandhla, intaba iZioni.

## ISAHLUKO 19.

UMTWALO weEgipite. Bheka uJehova u kwele pezu kwefu eli gijima ngamandhla, u ya kufika Egipite; nezitombe za sEgipite zi ya kututumela uyena, nenhliziyo ya sEgipite i ya ku ncibilika ngapakati kwalo.

2 Ngi ya kuvuselana bona aba sEgipite; ilowo a lwe nomfo wabo, na lowo nowakelene naye; umuzi nomuzi, umbuso nombuso.

3 Nenhliziyo ya sEgipite i ya kutamba ngapakati kwa loko, ngi ya kubulala

nemiteto yakona; ba ya kugijimela izitombe, nabaungi, nemilozikazana na sezanusi.

4 AbasEgipite ngi ya ku ba nikela esandhleni senkosi e nonya; nenkosi esabekayo i ya ku busa pezu kwabo, u tyo uJehova, uJehova, wamabandhla.

5 Namanzi a ya kupela elwandhle, nomfula u ya ku citeka, wome.

6 Ba ya ku i holela kude imifula; nemifulana yezivikelo i citeke yome; ku bune nomhlanga nekwani.

7 Umhlanga ngasemifulaneni, na ngasezizalweni zemifulana, nako konke oku tyaliweyo ngasemifulaneni ku ya kubuna, ku xotywe, ku nga be ku sa biko.

8 Abadobi bezinhlanzi ba ya kulila, nabo aba doba emifulaneni ba kale, nabeneka amaneta emanzini ba pele amandhla.

9 Nabo aba sebenza uzi oluhle, nabaluka amaneta ba jabe.

10 Izetembiso zabo zapuke, bonke abenza amacibi ezinhlanzi.

11 Impela amakosi eZoani a iziula, izelulekiso zabahlakanipileyo baka Faro se zi ize; ni tyo ngani nina kuFaro, ukuti, mina ngi indodana yohlakanipileyo, indodana yamakosi adhlulileyo na?

12 Ba pi na? a pi amadoda ahlakanipileyo na? ma ba ni tyele manje, ba bazise oku ya kwenziwa uJehova wamabandhla pezu kwEgipite.

13 Amakosi a seZoani a se iziula, amakosi a seNofi a kohlisiwe; a li kohlisile iEgipite, nabakulu bezizwe za kona.

14 uJehova u xubile umoya opambeneyo kubona, ba ledukisile iEgipite emisebenzini yalo, njengesidakwa si tengezela, si hlanzile.

15 iEgipite a li yi kuba namsebenzi, ongenziwa ikanda, noma umsila, noma igatya, noma incema.

16 Ngalololusuku iEgipite li ya kuba njengabesifazana, li ya kwesaba li tutumele ngenxa yokuzamazama kwesandhla sika Jehova wamabandhla, a si zamazamisa pezu kwalo.

17 Nezwe la seJuda li ya kuba isesabiso Egipite, no kuluma ngalo u ya kwesaba, ngenxa yokuyala kuka Jehova wamabandhla a qiniseka ngako ngalo.

18 Ngalololusuku imizi e isihlanu ya sEgipite i ya kukuluma ulimi lweKanani, zi funge ngoJehova wamabandhla; omunye u ya ku bizwa ngokuti, umuzi wencitakalo.

19 Ngalololusuku ku ya kuba kona ilati kuJehova ngapakati kwezwe la sEgipite; nenqaba i be kona kuJehova nga sosebeni.

20 Ku ya kuba isibonakaliso nofakazi kuJehova wamabandhla ezweni la sEgipite; ngokuba ba ya kukala kuJehova ngenxa yabahlupi, naye u ya ku ba tumela umsindisi omkulu, u ya kuba sindisa.

21 uJehova u ya kwazeka Egipite, nabasEgipite ba ya ku mazi uJehova ngalololusuku, ba hlabe, ba nikele; yebo ba ya kufunga isifungo kuJehova, ba senza.

22 uJehova a tyaye Egipite; a tyaye a li polise, nabo ba buyele kuJehova, nabo ba m ncenge, a ba polise.

23 Ngalololusuku ku ya kuba kona umgwaqó omkulu u puma Egipite u ya eAsiria, nowa se Asiria a ngene Egipite nabasEgipite ba ye eAsiria, naba sEgipite ba sebenze kanye naba seAsiria.

24 Ngalololusuku iIsraeli li ya kuba elesitatu kanye neEgipite neAsiria, li be isibusiso ngapakati kwezwe;

25 uJehova wamabandhla a ba busisi, a ti Li busisiwe Egipite abantu bami, neAsiria umsebenzi wezandhla zami, neIsraeli ifa lami.

## ISAHLUKO 20.

NGOMNYAKA wokufika kuka Tartana kuAshdodi, lapo e tunywa uSargona inkosi ya seAsiria, lapo walwa noAshdodi, wa li tata.

2 Nga lesosikati wa kuluma uJehova ngoIsaya indodana ka Amozi, e ti, hamba u xegise umutya wako u kumule isicatulo sako. Wa kwenza loko, wa hambaze, a ka zigqoka nezicatulo.

3 Wa ti uJehova, njengaloku uIsaya inceku yami wa hambaze emzimbeni wonke iminyaka emitatu ukuba isibonakaliso nesimangaliso Egipite na seEtiopia;

4 Kanjalo inkosi ya seAsiria i ya kumuka nabasEgipite be botyiwe, i tumbe aba seKushi abatya nabadala abahambaze; na banga fake luto ezinyaweni, izinqulu zabo zi ngembesiwe ku be ihlazo la sEgipite.

5 Ba ya kwesaba ba be namahloni ngeKushi itemba labo, na ngeEgipite udumo lwabo.

6 Abahlala kulelizwe ba ya kuti nga lolosuku, Bheka li nje itemba letu, e si balekela kulo, ukuba si sizwe si kulu-

lwe enkosini ya seAsiria si za kusinda kanjani na?

## ISAHLUKO 21.

UMTWALO wehlane lolwandhle. Njengokudhlula kwezivunguvungu za se ningizimu; njalo ku puma ehlane, ezweni elesabekayo.

2 Isibonakaliso esilukuni si bonakalisiwe kimina; umkohlisi u sebenza ngokukohlisa, nompangi u ya panga. Kupuka wena Elami; u haqe wena Media; konke ukukala ngi ku pezisile.

3 Ngako ukalo lwami, lu gcwele ubuhlungu; ubuhlungu bu ngi pete, kwangati umfazi e beleta; nga gotyiswa ekuzweni loko; nga jaba ekuboneni loko.

4 Inhliziyo yami ya pikazela, nga tyaywa uvalo, ubusuku benjabulo yami u bu pendukezele ngokwesabeka.

5 Lungisani itafula, ni linde emaxibeni, ku dhliwe ku puzwe; vukani, nina makosi, ni gcobe isihlangu.

6 Ngokuba uJehova u ngi tyelile wa ti, hamba u mise umlindi, a ze a ku tyo a ku bonayo.

7 Wa bona incwele nabamahashi ababili, nencwele yezimbongolo, nencwele yamakamelo; wa lalela ngokulalela okukulu;

8 Wa memeza ngokukonya kwebubesi, wa ti nkosi yami ngi ma njalo embonisweni emini, nasebusuku bonke ngi ya linda njalo;

9 Bhekake, nansi incwele yamadoda amahashi ababili, wa pendula wa ti, iBabulona li wile, li wile, nezitombe zonke zezitixo zalo, u za pulele pansi.

10 Au ukubula kwami namabele esibuya sami: loko e ngi ku zwilcyo ngoJehova wamabandhla, uTixo weIsraeli, ngi ni tyelile kona.

11 Umtwalo weDuma. U ya ngi memeza e seSira, e ti, mlindi u tini ngobusuku na, mlindi, u tini ngobusuku na?

12 Umlindi wa ti, ku yeza ukusa, nobusuku futi, uma ni ya buza, buzani; buyani, ni ze.

13 Umtwalo pezu kweArabia. Ni ya kulala ehlatini la seArabia, nina zihambi za seDedanimi.

14 Abezwe la seTema ba m letela owomileyo amanzi, ba nqanda yena obalekayo ngezinkwa zabo.

15 Ngokuba ba be balekela izinkemba, inkemba e hotyiweyo, nomcibityelo ogotyiweyo, nobunzima bokulwa.

16 Ngokuba, uJehova u tyilo loku kimina, Ngapakati komnyaka, njengeminyaka yokokelwayo lu ya kupila lonke udumo lwa seKeda.

17 Nensali yabemicibityelo, iziqwaga zabantwana beKeda, zi ya ku ncityiswa; ngokuba uJehova uTixo weIsraeli u ku tyilo.

## ISAHLUKO 22.

IZWI lesigodi ngesiboniso. U nani na? ukuba u kupukele kanyekanye pezu kwezindhlu na?

2 Wena o gcwele ukwenanela, umuzi ohlokomayo, umuzi ojabulayo; aba fileyo benu a ba bulawanga ngenkemba, ka ba file empini.

3 Zonke izikulu zenu zi balekile kanyekanye, ba botyiwe ngabemicibityelo, bonke aba tolwa, kuwena ba botyiwe ndawonye, aba baleka be vela kude.

4 Ngakoke mina nga ti, musani uku ngi bheka mina; ngi ya kukala ngamandhla, musani uku ngi duduza, ngenxa yokucitakala kwentombi yabantu bami.

5 Ngokuba ku ngusuku lwenhlupeko, nolokunyatelwa pansi, nolwenkatazo ngoJehova uTixo wamabandhla, esigodini sesibonakaliso, ukwapula izindonga nokukala ezintabeni.

6 iElami la pata umkonto kanye nabantu bezincwele nabamahashi, neKiri lambule isihlangu.

7 Ko ti, izigodi ezitandekayo zako, zi gcwale izincwele, nabamahashi ba zi misele udwendwe, esangweni.

8 Wa ku susa ukusibekelwa kweJuda wa bheka ngalolosuku kuzo izihlangu zendhlu yehlati.

9 Ni bonile futi ukudilika komuzi ka Davida, ukuti kuningi; na wa buta amanzi ecibi eli nga senzansi.

10 Ni zi balile izindhlu za seJerusalema, nezindhlu ni zi wisile ukuze ni qinise udonga.

11 Ni wenzile futi umselc emkatini wezindonga ezimbili, ukuze a hambe amanzi ecibi elidala: kodwa a ni bhekanga kumenzi wako, a ni m hlonipanga owa kwenzayo kade.

12 Na nga lolosuku uJehova uTixo wamabandhla wa bizela ukukala, nokula, nobumpandhla, nokubinca amasaka:

13 Bhekake intokozo nenjabulo, ukubulawa kwezinkabi, nokwezimvu, ukudhla inyama, nokupuza iwaini: ma si dhle, si puze; ngokuba si ya kufa ngomuso.

14 Kwa bonakaliswa ezindhlebeni zami ngoJehova wamabandhla, Impela lobububi a bu i ku suswa kinina ni ze ni fe, u tyo uJehova uTixo wamabandhla.

15 U tike uJehova uTixo wamabandhla, Hamba u ye ku lesi sihlobo, kuShebna, o pezu kwendhlu u ti.

16 U nani lapa na? u nobani lapa na? ukuba u ze u zibazele ituna lapa na? noziqopela ikaya esiweni na?

17 Bheka uJehova, u ya kukutyinga ngokutyinga kwendoda a ku songe impela.

18 Impela u ya kukusongisisa, a ku u tyingise kwesigaqa ezweni elikulu; u fe lapo, na lapo izincwele zodumo lwako zi ya kuba ihlazo lendhlu yenkosi yako.

19 Ngi ku xotye esikundhleni sako, ngi ku wise nasekumeni kwako.

20 Ko ti nga lololusuku, ngi ya kubiza inceku yami uEliakimi indodana ka Hilkia.

21 Ngi m gqokise ngengubo yako, ngi m qinise ngesibopo sako, ngi nike ubukosi bako esandhleni sake; u ya kuba uyise kwaba seJerusalema, na kwa bendhlu ka Juda.

22 Nesihlutulelo sendhlu ka Davida, ngi ya ku si beka pezu kwehlombe lake; a vule yena, ku nga vali muntu; a vale yena, ku nga vuli muntu.

23 Ngi m qinisise kwesipikili endaweni elungileyo; a be isihlalo sobukosi esikanyayo endhlini ka yise.

24 Ba panyeke pezu kwake lonke udumo lwendhlu ka yise, abantwana, nenzalo, izitya zonke ezincane, nezitya zonke ezikulu.

25 Ngalolosuku u tyo uJehova wamabandhla isipikili esi betelweyo endaweni eqinileyo so suswa, si nqunywe, si we; nomtwalo o ngapezu kwaso wo nqunywa; ngokuba u tyilo uJehova.

## ISAHLUKO 23.

IZWI ngeTire. Bubulani nina mikumbi ya seTarshishi; ngokuba li citekile, a iko nendhlu, nokungena ka kuko; ku bonakaliswe kubona nga bezwe leKitimi.

2 Tulani, nina bantu besiqingi; nina eninotisiwe ngabatengi ba seZidoni aba wela ulwandhle.

3 Ngamanzi amakulu ku fike kulo izitelo zeSihori, isivuno somfula, si ngukuvuna kwalo; si indawo yentengo kwa bezizwe.

4 Jaba, wena Zidoni ngokuba lu kulumile ulwandhle, namandhla alo, lu ti, a ngi miti, a ngi ba zali abantwana, a ngi zondhli izinsizwa, a ngi kulisi nantombi.

5 Njengenkulumo ya sEgipite, njalo ba ya ku dabuka kakulu ngokuzwa kwabo ngeTire.

6 Welani ni ye eTarshishi; bubulani, nina bantu besiqingi.

7 Iwo lomuzi wenu otokozayo, ubudala bawo bu ngobesikati esikade na? izinyawo zawo zi za ku wu yisa kude ukuhlala kona.

8 Ubani oku cebileyo loku ngeTire na? umuzi onotileyo, abatengi bawo be ngamakosi, nabatenga kubo be ngabadumileyo bomhlaba na?

9 uJehova wamabandhla u yena oku kulumeleyo, ukucita ukuzidhla kodumo lonke, nokuze ba deleleke bonke abadumileyo bomhlaba.

10 Dhlula ezweni lako njengomfula, wena ntombi ya seTarshishi: a ku seko mandhla.

11 Welula isandhla sake pezu kolwandhle, wa zamazamisa imibuso: uJehova u wu nikile umuzi wabatengi isiyalezelo, ukubidhliza izinqaba zakona.

12 Wa ti, a u sa yi ku jabula, wena ntombi ehlutywayo, ntombi ya seZidoni: vuka u welele eKitimi: na lapo a u yi ku ku tola ukupumula.

13 Bheka izwe lamaKaldi; sa si ngeko lesi sizwe, si nga kenzelwa bona aba be hlezi ehlane nga ba seAsiria; ba zi misa izinqaba za kona, ba vusa nezindhlu zamakosi; wa ku cita yena konke loko.

14 Bubulani, nina mikumbi ya seTarshishi; ngokuba amandhla enu a citekile.

15 Ko ti ngalolosuku, iTire li ya ku kohlakala iminyaka e ngamashumi a isikombisa, njengeminyaka yenkosi inye; nangasemva kweminyaka engamashumi a isikombisa iTire li ya ku hlabelela isihlabelelo sonondhliwa.

16 Tata ugumbu, u hambe emzini, wena nondhliwa o kade u kohlakele; gwaba kahle, u hlabelele izihlabelelo ezininingi, ukuze u kunjulwe.

17 Ko ti ngasemva kweminyaka engamashumi a isikombisa, uJehova u ya kuya eTire, nalo li buyele ekuzuzeni kwalo ukuba unondhliwa, lenze ubufebe nemibuso yomhlaba lapo kwakiwe kona.

18 Nentengo yalo, nenzuzo yalo, ku be inzuzo kaJehova, a ku i ku bekwa,

ku godhlwe, ngokuba leyo nzuzo i ya kuba okwabo aba hlala ngapambi kuka Jehova, ukuze ba sute, ba gqoke kahle.

ISAHLUKO 24.

BHEKA, uJehova u wenza ize umhlaba, u ya wu cita, u ya wu guqula, u sakaza nabantu bawo.

2 Ko tike, njengabantu ku be njalo na kumpristi: na njengeneeku ku be njalo na senkosini yayo; na njengencekukazi ku be njalo na kuyo inkosikazi yayo; na njengomtengi ku be njalo na ko tengisayo, na ko tyelekayo ku be njalo na ko tengisayo, na ko tyelekayo ku be njalo na kumtyeleki, na ku yena o necala, ku be njalo na ko necala kuyena.

3 Izwe li ya kuba ize nempela, li be incitakalo nempela; ngokuba uJehova u li tyilo lelizwi.

4 Umhlaba u ya kala u ya buna, izwe li ya dangala li ya buna, abaziqenyayo bomhlaba ba dangele.

5 Izwe li ngcoliswe ngabahamba kulona; ngokuba ba yapulile imiteto, ba si pendulile isimo, ba sa pulile isivumelwano e si ma njalo.

6 Ngako ukuqalekisa ku wu ngenele umhlaba nabo aba kulo ba citekile; ngako abantu bomhlaba ba tyisiwe, ba ingcosana aba seleyo.

7 Iwaini elitya li ya kala, isivini si dangele, bonke aba nhliziyo i tokozayo, ba ya bubula.

8 Injabulo yamatilongo i pelile, umsindo wabo abajabulayo u pelile, injabulo yogumbu i pelile.

9 A ba i ku li puza iwaini ngenjabulo; okubukali ku ya baba kubo aba ku puzayo.

10 Umuzi wencitakalo u bidhliziwe; zonke izindhlu zi valiwe, ku nga ngeni muntu.

11 Ku kalelwa iwaini ezitaladini, yonke injabulo i fihlakele, injabulo yezwe i mukile.

12 Emzini ku sele incitakalo, nesango se lapuliwe nempela.

13 Ku be njaloke ngapakati kwabantu ezweni, ku ya kuba njengokuzamazama komgwenya, nokuvuna kwezivini lapo se ku vuniwe.

14 Ba ya kuvusa izwi labo, ba hlabalele ubukosi buka Jehova, naba selwandhle ba kale ngamandhla.

15 Ngakoke dumisani uJehova ni sezinhlupekweni, negama lika Jehova uTixo ka Israeli eziqingini zolwandhle.

16 Si zi zwile izihlabelelo ezi vela na sekugcineni komhlaba, udumo kwabalungileyo. Kodwa nga ti mina ukuzaca kwami ukuzaca kwami, maye kimina, abakohlisi ba kohlisile, abakohlisi ba kohlisile kakulu.

17 Ukwesaba, nomgodi, nesihibe, si pezu kwako, wena o hleziyo emhlabeni.

18 Ko ti yena obalekela umsindo wokwesaba, u ya kuwela emgodini; naye o pumayo ngapakati komgodi, u ya kubajwa esihibeni; ngokuba izibuko zapezulu zi vuliwe, nezisekelo zomhlaba zi ya zamazama.

19 Umhlaba wapukile impela, umhlaba u ncibilikile impela, umhlaba u zamazamisiwe impela kakulu.

20 Umhlaba u ya kutengezela njengesidakwa, u qubekiswe njengendhlu, nesono sawo si sinde pezu kwawo; u we u nga be u sa vuka.

21 Ko ti ngalololusuku, uJehova u ya kutyaya isixuku sabakulu aba pezulu, namakosi omhlaba pezu komhlaba.

22 Ba butiwe ndawonye, njengezibotywa zi butwa emgodini, ba valelwe endhlini yokubotyelwa, na ngemva kwezinsuku ezininingi ba ye ku bonwa.

23 Nenyanga i dinge, nelanga li jabe, lapo uJehova wamabandhla u ya ku busa entabeni iZioni na seJerusalema, na ngapambi kwabadala bake ngobukosi.

ISAHLUKO 25.

JEHOVA, wena u nguTixo wami, ngi za kukukulisa wena, ngi za kulidumisa igama lako; ngokuba u zenzile izinto ezi isimangaliso; iziyalezo zako ezidala zi ukulunga neqiniso.

2 Ngokuba u wu citile umuzi wa wenza inqwaba, nomuzi obiyelweyo wa wenza incitakalo; nendhlu endhle yezihambi i nga bi iwo umuzi: u nga be u sakiwa nakanye.

3 Ngako abantu aba namandhla ba ya kukudumisa wena, umuzi wezizwe ezesabekayo zi kwesabe wena.

4 Ngokuba wena wa u ngamandhla kwabampofu, amandhla kodingayo ekuhlupekeni kwake, inqaba kuso isivunguvungu, isitunzi elangeni, lapo ukutukutela kwabo abasabekayo ku fana nesivunguvungu ngasodongeni:

5 U ya ku wehlisa umsindo wabezihambi, njengelanga endaweni eyomileyo: nelanga li netunzi lefu: igatya labesabekayo li za kuletwa pansi.

6 Na kuyo lentaba uJehova wamabandhla u ya kwenzela abantu bonke isidhlo sokukulupeleyo, nokudhla kwewaini li senzikini okukulupeleyo ku gcwele umkantya, newaini li senzikini li lihle.
7 A bulale futi ku lentaba okumbozayo ubuso kubantu bonke, nolembu olu sibekele izizwe zonke.
8 A gwinye ukufa ngokunqoba; noJehova uTixo e sule izinyembezi kitina sonke ebusweni; a suse nokweisa kwabantu bake emhlabeni wonke; ngokuba uJehova u ku tyilo.
9 Ko tiwa ngolololusuku, Bheka, nangu uTixo wetu; si m blalele, naye u ya ku si sindisa: ilowo uJehova; si m hlalele, si za kujabula si tokoze ekusindiseni kwake.
10 Ngokuba isandhla sika Jehova si ya kupumula kulentaba, neMoabi li ya ku nyatelwa pansi, njengotyani obu nyatelwa bu be umquba.
11 Naye u ya kuzelula izandhla zake ngapakati kwabo, njengokwelula kwake izandhla ohlambayo; a tyonise pansi ukuzidhla kwabo kanye nempango yezandhla zabo.
12 A wise pansi nenqaba yezindonga zabo ezinde a lete emhlabatini nempela, na sotulini.

## ISAHLUKO 26.

NGALOLOLUSUKU leligama li ya kuhlatyelelwa ezweni la seJuda lokuti si nawo umuzi o namandhla, noTixo u ya kumisela insindiso i be izindonga nezinqaba.
2 Vulani amasango, ukuze isizwe esilungileyo nesinamatela eqinisweni si ngene.
3 U ya kumondhla ngokutula okupeleleyo yena onhliziyo yake i namatele kuwena; ngokuba u yetemba kuwena.
4 Tembani njalo njalo kuJehova; ngokuba kuJehova ku kona amandhla a nga peliyo.
5 Ngokuba u ya behlisa aba hlezi pezulu; umuzi o sempakameni, u wehlisela pansi, u wehlisela na semhlabatini; u wu leta na sotulini.
6 Unyawo lu ya ku wu nyatela, izinyawo zabampofu nabadingayo.
7 Indhlela yabalungileyo i lungile; wena o dhlula bonke ngokulunga, u ya i hlela indhlela yabalungileyo.
8 Yebo Jehova ezindhleleni zezabelo zako si ku lindile, imfihlakalo yompefumulo wetu i segameni lako, na sekukumbuleni wena.
9 Ngompefumulo wami ngi ku nxanele ebusuku; yebo ngomoya wami o pakati kwami, ngo ku funa ekuseni; ngokuba lapo izabelo zako zi semhlabeni, abantu bomhlaba ba ya kufunda ukulunga.
10 Noma omubi e patwa ngobuhle noko a ka i ku ku funda ukulunga; ezweni lokulunga u ya kwenza okubi, a nga bu bheki ubukosi buka Jehova.
11 Jehova lapo isandhla sako si pakeme a ba i ku ku bheka: kodwa ba ya kubona ba jabe ngomona a ba nawo ngabantu bako; yebo, umlilo wezita zako u ya ku ba gwinya.
12 Jehova u ya ku si misela ukutula, ngokuba wena u yenzile yonke imisebenzi yetu e kitina.
13 Jehova Tixo wetu amanye amakosi ngapandhle kwako a be busa pezu kwetu; kodwa ngawe wedwa si za kukuluma ngegama lako.
14 Ba file, a ba i ku pila; ba nokufa a ba i ku vuka, ngako u ba hambele wa ba bulala, nenkumbulo yonke ngabo wa i qeda.
15 U sandisile isizwe, Jehova u sandisile isizwe; u dumile wena; u si susele kude ekugcineni komhlaba.
16 Jehova ekuhlupekeni kwabo ba ku hambela, ba kipa umtandazo lapo ukutyaya kwako ku pezu kwabo.
17 Njengesifazana si miti, si seduze nokubeleta, si nobuhlungu, si kala si sezinsekeni zaso, be si njaloke nati emehlweni ako Jehova.
18 Nati sa kulelwa, sa nobuhlungu, sa zala o kwangati umoya nje, a senzanga nakanye ukukulula emhlabeni; futi a ba wanga abantu bomhlaba.
19 Abafileyo bako ba ya kupila, ba ya kuvuka kanye nesidumbu sami. Vukani ni hlabelele nina eni hleziyo otulini; ngokuba umbete wenu u fana nombete wemiti, nomhlaba u ya kukipa abafileyo bawo.
20 Wozani, bantu bami, ngenani ezindhlini zenu, ni zi valele ngapakati; ni zi tukuse isikatyana, ku ze ku dhlule lokukucanuka.
21 Ngokuba, bheka, uJehova u ya puma endaweni yake ukutyaya abantu bomhlaba ngenxa yobubi babo: umhlaba u ya kuveza igazi lawo, u nga be u sa ba sibekela ababuleweyo bawo.

## ISAHLUKO 27.

NGOLOLOLUSUKU uJehova u ya kutyaya uleviatani inyoka e hlabayo ngenkemba yake ebuhlungu, nenkulu, nenamandhla, uleviatani inyoka ensongesonge; a bulale nesilwane esi selwandhle.
2 Ngalololusuku hlabelelani, ngesivini sewaini elibomvu.
3 Mina Jehova ngi ya si londoloza; ngi ya ku si tela amanzi njalo njalo, ngi za ku si londoloza emini nasebusuku, funa a vele osonayo.
4 A kuko ukutukutela kimi; ubani o nga ngi tiya ngamagatya nameva empini na? ngi nga fohla kuko loko, ngi ku tyise kanyekanye.
5 Kepa uma ku njalo, ka bambelele emandhleni ami, ukuze enze umusa nami; a wenze umusa nami.
6 U ya kwenza aba ka Jakobe ba mile; iIsraeli li qakaze li be nembali, li gcwalise ubuso bomhlaba ngezitelo.
7 U m tyayile njengokubatyaya kwake aba m tyayayo na? U bulewe njengokubulawa kwababuleweyo uyena na?
8 Ngoku m xotya u m tyayile ngokulingeneyo wa veza umoya wake omkulu ngosuku lomoya wa sempumalanga.
9 Ngalokoke ububi buka Jakobe bu ya ku hlanjululwa; na loku ku izitelo zonke ezi susa isono sake; lapo e wenza onke amatye elati njengamatye omcako a hletyuliweyo, amahlati nezitombe a zi i kuma.
10 Noko umuzi obiyelweyo u ya kuba ize, nekaya li nga bi namuntu, li shiywa njengehlane; kwaluke inkonyane kona, i lale kona, i dhle amagatya a kona.
11 Lapo amagatya se bunile, a ya kwapulwa; ku fike abesifazana ba wa tyise ngomlilo; ngokuba ku ngabantu aba ngazi luto: ngako yena obenzileyo a ka yi ku ba haukela, naye o ba bumbileyo a nga bi namusa kubona.
12 Ko ti ngalololusuku, uJehova u ya kuhola umsinga womfula u ye emfulaneni wa sEgipite, ni butwe ngabanye, nina bantwana baka Israeli.
13 Ko ti ngalololusuku, itilongo elikulu li ya kubetwa, nabo ba fike aba be cityu ukufa ezweni la seAsiria, nabantyingiweyo ezweni la sEgipite, ba dumise uJehova entabeni e ingcwele eJerusalema.

## ISAHLUKO 28.

WO kumqele wokuzidhla, na kuzo izidakwa za seEfraimi, ubuhle obukulu bazo bu imbali ebunayo, aba pezu kwekanda lezigodi ezikulupeleyo, zabo aba dakiweyo iwaini.
2 Bheka, uJehova u naye omkulu, no namandhla, o ya ku wisa pansi ngesandhla sake oku njengesivunguvungu esibulalayo, nesileta amatye, noku njengamanzi amaningi eqa ezindongeni.
3 Umqele wokuzidhla wezidakwa zakwa Efraimi, zi u nyatelwe ngapansi konyawo:
4 Nobuhle obukazimulayo, obu pezu kwekanda lesigodi esikulupeleyo, bu ya kuba njengembali ebunayo, nanjengezitelo ezityetyayo ku nga ka fiki ihlobo: ku ti ozibonayo zi se sezandhleni zake a zidhle.
5 Ngalololusuku uJehova wamabandhla u ya kuba umqele nodumo, nomqele wenkazimulo kuyo insali yabantu bake.
6 Nomoya wokwahlulela kuye o hlezi ahlulela, namandhla kubo aba pendulela impi ngasesangweni.
7 Kodwa bona futi bonile ngeuxa yewaini, na ngokupuza oku namandhla ba dukile; umpristi nomprofeti bonile ngokupuza oku namandhla, ba gwinyiwe iwaini, be dukile ngokupuza oku namandhla; ba duka ekuboneni, ba kubeka ekwahluleni.
8 Ngokuba zonke izitebe zi gcwele ubuhlanzo nobubi, a kuko ndawo engangcolile.
9 U ya kufundisa ubani ukwazi na? a qondise ubani izifundo na? bona abalunyulweyo, be susiwe emabeleni.
10 Ngokuba umteto ma u be ngomteto, umteto ngomteto, nomudwa u be ngomudwa, umudwa ngomudwa; lapa ingcosana, na lapo ingcosana;
11 Ngokuba u ya kukuluma kulababantu ngezindebe ezimamatekayo, na ngolunye ulimi.
12 A ti kubona, naku ukupumula eni ya kupumuza ngabo abakateleyo: na loku ku iko ukupumula; kodwa a ba lalelanga.
13 Kodwa izwi lika Jehova la li kubona umteto ngomteto, umteto ngomteto: umudwa ngomudwa, umudwa ngomudwa; lapa ingcosana na lapo ingcosana; ukuze ba hambe, ba we ngemuva bapuke, ba bajwe, ba tatwe.
14 Ngakoke yizwani izwi lika Jehova, nina beisi eni busa laba bantu aba seJerusalema.
15 Ngokuba ni tyilo ukuti, si senzile

isivumelwano nokufa, si vumelene futi netuna; ukuti lapo ku dhlula ukutyaya okukukulayo, ku nga fiki kitina; ngokuba senzile amanga a be isisekelo setu, si zitukusile ngapansi kwamanga:

16 Ngako u ti uJehova uTixo, Bheka ngi ya beka eZioni isisekelo setye, itye eli lingiweyo, itye legumbi eli igugu, isisekelo esiqinileyo, yena okolwayo a ngenzi amawala.

17 Ngi ya kumisa futi ukwahlulela kuyo intambo, nokulunga kulo iplumeti; namatye ezulu a muke nenqaba yamanga, namanzi a sibekele indawo yokuzitukusa.

18 Nesivumelwano senu kanye nokufa sapulwe, nesivumelwano senu netuna si ngemi, nokutyaya okukukulayo lapo ku dhlulayo ku ni nyatele pansi.

19 Lapo ku pumayo njalo ku ya kunitata, ngokuba kusasa nga kusasa, njalo ku ya kudhlula, emini na sebusuku; ku be inkatazo nokuzwa ngendaba yako.

20 Ngokuba icansi li futyane ukuba umuntu a zelule kulona; nengubo i ncane ukuba umuntu a zembese ngayo.

21 Ngokuba uJehova u ya kuvuka njenga sentabeni iPerazimu a tukutele njenga sesigodini eGibeoni, ukuba enze umsebenzi wake; a feze ukwenza kwake, ukwenza kwake okumangalekayo.

22 Manjeke ni ngabi abeisi, funa izibopo zenu zi qiniswe: ngokuba ngi zwile ngoJehova uTixo wamabandhla ngencitakalo, e bekelwe umhlaba wonke.

23 Nikani indhlebe, ni zwe izwi lami; yizwani, ni zwe inkulumo yami.

24 Umlimi u ya lima lonke usuku e limela ukuhlwanyela na? u ya qekeza a dube izisinde zomhlabati wake na?

25 Lapo e se lungisile ngapezulu, a ka wa hlwanyeli ini amafityizi a vumvuzele ikumini, a tyale ukolweni namabele endaweni yawo, nerayi emceleni na?

26 Ngokuba uTixo wake u m azisa ingqondo, a m fundise.

27 Ngokuba amafityizi ka bulwa ngensimbi, nesondo lengqukumbane ka li pendulwa pezu kwekumini; kodwa amafityizi a bulwa ngesibulo, nekumini ngenduku.

28 Amabele esinkwa a ya bulwa: Kepa a ka na ku wa bula isikati eside a ngqengqe isondo lengqukumbane pezu kwawo, ba nga wa cezuli abamahashi bake.

29 Lokuke ku puma kuJehova wamabandhla, o isimangaliso enkulumweni, nomkulu ekwenzeni.

ISAHLUKO 29.

WO kuArieli, kuArieli, umuzi o wa u hlala uDavida, yandisani umnyaka ngomnyaka, hlabisani.

2 Noko ngi ya ku li hlupa iArieli, ku be kona ubunzima nenhlupeko; ku za kuba njengeArieli, kimi.

3 Ngi ya kumisa ngi ku haqe, ngi ku vimbele ngodonga, ngi ku misele izinqaba.

4 Nawe u dilizwe, u kulume u semhlabatini, nenkulumo yako i be pansi, otulini, nezwi lako li be njengelomlozi li puma emhlabatini, nenkulumo yako i nyenyeze otulini.

5 Futi ubuningi bezizwe bako bu be njengotuli oluncane, nobuningi babo abesabekayo bu be njengamakoba a dhlulayo; yebo kwenzakale masinya impela.

6 U fikelwe uJehova wamabandhla ngokuduma, na ngokuzamazama komhlaba, ngomsindo omkulu, ngesivunguvungu, na ngelangabi lomlilo oqedayo.

7 Iningi lezizwe zonke ezi lwa noArieli nabo bonke aba lwa nalo nezinqaba zalo, naba li hlupayo, ba be njengepupo la sebusuku.

8 Ku be njengokulamba komuntu o pupa e dhla a vuke e sa lambile; nowomileyo a pupa e puza; kodwa a vuke e pela mandhla umpefumlo wake u fise: ko ba njalo kubo ubuningi bezizwe zonke, ezi lwa nentaba iZioni.

9 Yimani ni mangale; kalani ni memeze; ba dakiwe bona, kodwa qa ngewaini; ba ya tengezela, kodwa qa ngenxa yopuzo olu namandhla.

10 Ngokuba uJehova u ni fikele ngomoya wobutongo obukulu, u wa valile amehlo enu; abaprofeti nababusi benu aba izanusi u ba sibekele.

11 Nesiboniso sako konke se si kinina njengamazwi encwadi enamatelisiweyo, e nikwa kwabanokwazi ngabantu, be ti, funda loku, ngi ya kuncenga: a ti yena a ngi nako, ngokuba i namatelisiwe:

12 Incwadi i nikwa yena onganakwazi, be ti, funda loku, ngi ya kuncenga; a ti yena, a ngi fundile mina.

13 Wa tike uJehova, ngokuba laba bantu ba sondela kimi ngemilomo yabo, be ngi konza na ngezindebe zabo, kodwa izinhliziyo zabo be zi qubekisile kude nami, nokungesaba ba ku fundiswa ngenkulumo yabantu.

14 Ngako, bheka, ngi ya kusuka ngenze umsebenzi o isimangaliso kulababantu, umsebenzi o isimangaliso impela;

ngokuba ukwazi kwabahlakanipileyo
babo bu pele, nokuqonda kwabaqonda-
yo ku fihlwe.
15 Wo kubona aba linga kakulu uku-
tukusa izenzo zabo nga kuJehova, nemi-
sebenzi yabo i sebumnyameni, aba ti,
ubani o si bonayo, saziwa ubani na?
16 Impela ukupendukezela kwenu
izinto ku ya kuba njengebumba lombu-
mbi; umsebenzi u ya kutyo ku yena
owenzileyo, u ti a u ngenzanga na?
into ebunjiweyo i ya kuti ku yena o i
bumbileyo, i ti, a ka qondanga luto na?
17 A ku iso isikatyana iLebanoni li
pendulwe li be insimu evumileyo, ne-
nsimu evumileyo i be ihlati na?
18 Ngalololusuku izitulu zi ya kuzwa
amazwi enewadi, namehlo ezimpumpu-
te a bone ekufipaleni na sebumnyameni.
19 Nabatobekileyo bandise injabulo
yabo kuJehova, nabampofu kubantu ba
jabule ngo ingcwele ka Israeli.
20 Ngokuba owesabekayo u se ize, no
weisayo u bulewe, nabo bonke aba li-
ndela ububi ba nqunyiwe.
21 Aba menzela icala umuntu ngenxa
yegama, ba m tiye yena o kuzayo ngase-
sangweni, ba pendule abalungileyo nge-
nxa yento e ize nje.
22 Ngako u ti uJehova, o wa sindisa
uAbrahama, ngenxa yendhlu ka Jako-
be, uJakobe a ka sa i ku jaba manje, no-
buso bake bu nga papateki.
23 Kodwa lapo e bona abantwana ba-
ke, umsebenzi wezandhla zami, be nga-
pakati kwake, ba ya ku konza igama la-
mi, ba konze o ingcwele ka Jakobe, be-
sabe uTixo ka Israeli.
24 Nabo a ba be duka ngenhliziyo, ba
ya kuzwa ba qonde, na ba be sola be
funde.

## ISAHLUKO 30.

WO kubantwana abahlubukileyo, u
tyo uJehova, aba mkela indaba i
nga pumi kimi; na bambete isambato,
ku nge iso somoya wami, ukuze bandise
isono pezu kwesono:
2 Na behlela Egipite, be nga celanga
ko wami umlomo; ba ziqinisa ema-
ndhleni kaFaro, be temba isitunzi sa
sEgipite:
3 Ngako amandhla ka Faro a ya kuba
ihlazo lenu nesetembiso kuso isitunzi sa
sEgipite si be incitakalo yenu.
4 Ngokuba izikulu zake za zi seZoani,
nezigijimi zake za fika eHanesi.
5 Ba be jabile bonke ngabantu aba
nge nakubasiza ngaluto, nokwelekelana
nokuba inzuzo, kodwa be ihlazo, be hle-
bekile.
6 Izwi lezilwane za seningizimu;
ezweni lenhlupeko nokukala, lapo ku
puma kona ibubesi elitya nelidala, ne-
bululu nenyoka yomlilo endizayo, ba
twale imfuyo yabo pezu kwezimbongolo
ezintya, namagugu abo pezu kwamalu-
nda amakemelo, ba yise kubantu aba
nga i ku ba siza.
7 Ngokuba aba sEgipite a ba i kusiza
ngaluto: ngako nga kala ngenxa yalo-
ku, Amandhla abo a ukuhlala pansi.
8 Hambake u lobe loku ngapambi
kwabo esitebeni, u ku fake na sencwa-
dini, ku be okwesikati esizayo ku ze ku
be ngunakade.
9 Loba ukuti, labantwana ba hlubuki-
le, ba namanga, abantwana aba nga u
zwayo umteto ka Jehova.
10 Aba ti ezanusini, ni nga be ni sa
bona; na kubaprofeti, ni nga si bonisi
okulungileyo; kulumani kitina okulula,
yityoni amanga.
11 Pumani endhleleni ni cezuke kuyo,
nenze o ingcwele ka Israeli ukuba a pele
ngapambi kwetu.
12 Ngako u ti o ingcwele ka Israeli,
Ngokuba a ni li laleli lelizwi, netemba
enhlupekweni na sesipambukweni, ni
namatele ku kona;
13 Ngako lobububi bu ya kuba pezu
kwenu njengogange se lu za kuwa, lu
kukumele njengodonga olude, nokwa-
puka kwalo ku pela ngesikatyana.
14 A lwapule njengesitya sombumbi
esapukileyo; a ngesabi, ku ngabe ku sa
tolakala noceezwana no lokutata umlilo
eziko, no lokutata amanzi na semgodini.
15 Ngokuba u tyo uJehova uTixo, o
ingcwele ka Israeli, ni ya kusindiswa
ngokupenduka nokupumula; ngoku-
tula na ngokwetemba ku ya kuba ama-
ndhla enu: Noko a ni vumanga.
16 Kodwa na ti, qa: ngokuba si ya ku-
baleka ngamahashi; nga loku no baleka;
futi si ya kuhamba ngejubane; ngako bo-
na aba ni landelayo ba ya kuba nejubane.
17 Inkulungwane i ya kubalekala uku-
kuluma komunye nje; na sekukuzeni
kwaba isihlanu ni ya kubaleka, ni ze ni
be njengesibonakaliso ngapezu kwentaba
na njengendwangu peza kwentatyana.
18 Ngako uJehova u ya kuhlala, uku-
ze a be nomusa kinina: ngokuba uJe-
hova u nguTixo wokwahlulela: ba bu-
sisiwe bonke abamlindayo.
19 Ngokuba abantu ba ya kuhlala

eZioni eJerusalema: ka u sa yi kukala
wena; u ya kuba nomusa omkulu ku-
wena nxa u kalayo; lapo e ku zwayo u
ya kukupendula.
20 Noko uJehova e nika isinkwa sosi-
zi! namanzi enhlupeko, noko abafundisi
benu a ba sa i kutukuswa, kodwa amehlo
enu a ya kuba bona abafundisi benu:
21 Nezindhlebe zenu zi ya kulizwa
izwi ngasemva kwenu, li ti, nansi
indhlela, hambani kuyona, lapo ni pe-
ndukela ngalapa na ngalapa.
22 Nonakalise futi ingubo yezitombe
zenu ezibaziweyo zesiliva; nezivunulo
zenu zezitombe zenu zegolide, ni zilahle
njengengubo ebinewayo; ni ya kuti ku-
yona suka lapa.
23 A ni nikeke imvula yembeu yenu
ni hlwanyele emhlabatini, nesinkwa
senzuzo yomhlaba, nawo u vunde u tele
kakulu: na ngalolosuku izinkomo zenu
zi ya kudhla emadhlelweni amakulu.
24 Nezinkabi nezimbongolo ezintya ezi
lima umhlaba zi dhle ukudhla okumna-
ndi, okweliweyo ngefosholo nangeqoma.
25 Ku be kona ngapezu kwentaba
enkulu, na ngapezu kwentatyana enku-
lu imifula yamanzi ngosuku lokuhlaba
okukulu, lapo ku dilika izindonga.
26 Nokukanya kwenyanga ku be nje-
ngelanga, nokukanya kwelanga kwa-
ndiswe ka kombisa, njengokukanya
kwezinsuku ezi isikombisa, ngosuku
lokubopa kuka Jehova umkati wabantu
bake, e polisa nemidwa yezingozi zabo.
27 Bheka, igama lika Jehova li puma
kude, li tyisa ngolaka lwake nokutyisa
ku sinde; izindebe zake zi gcwele ngo-
kutukutela, nolimi lwake lu njengo-
mlilo oqedayo.
28 Nomoya wake, njengomfulana owe-
qayo, u ya kufika entanyeni, u nyakazise
izizwe ngento yokuziqenya: ku be kona
itomu ezihlatini zabantu, li bedukise bona.
29 Ni ya kuba nesihlabelelo, njenga-
sebusuku lapo ku kulekwa ngako o
ingcwele; nenjabulo yenhliziyo, njengo-
kuhambela komuntu entabeni ka Jehova
e pete itilongo konamandhla ka Israeli.
30 uJehova enza ukuba izwi lake eli
ingcwele li zwakale, a veze unyazi enga-
lwini yake, ngokutukutela kolaka lwake.
31 Ngokuba ngezwi lika Jehova o wa
seAsiria a tyawe pansi yena o wa e tyaya
ngenduku.
32 Na sezindaweni zonke lapo ku dhlu-
la kona induku ka Jehova eqinileyo, a
ya kumtyaya ngayo, kwenanelwe ngo-
kutyaywa kwezingumbu namatilongo,
alwe ngayo ngokuzamazamisa isandhla.
33 Ngokuba iTofeti li miswe kade yebo
li miselwe inkosi, u lenze la lide likulu
futi, inqwaba yalo i ngumlilo nezinkuni
eziningi nomoya ka Jehova njengomfu-
lana wesolufa u ya li vutisa.

## ISAHLUKO 31.

WO kubona a behlela Egipite, be funa
ukusiza kona, bezenamisa emaha-
shini, betemba ezinqoleni, ngokuba zi
ningi: nakwabanamahashi, ngokuba be
namandhla kakulu; be nga bheki ko
ingcwele ka Israeli, be nga m funi uJe-
hova.
2 Kepa naye u hlakanipile, u ya kuleta
ububi, a nga be sa wa buyisa namazwi
ake: kodwa a vukele indhlu ya benza oku-
bi, nabo aba ba sizayo bona abenza okubi.
3 Aba sEgipite ba ngabantu, a ba siye
uTixo; namahashi abo a inyama, a
siwo umoya. Lapo uJehova u ya kwe-
lula isandhla sake, yena o sizayo u ya
kuwa, naye o sizwayo a we pansi, ba
pele bonke kanyekanye.
4 Ngokuba uJehova u tyilo loku ki-
mina, njengebubesi elitya li bodhlela
impango yalo, lapo abalusi abaningi be
bizelwa ukulizingela, a li yi ku lesaba
izwi labo, li zi hlupe ngenxa yomsindo
wabo: ngaloko uJehova wamabandhla
u ya kwehla ukulwela intaba iZioni,
nentatyana ya kona.
5 Njengezinyoni zi ndiza, njalo uJe-
hova wamabandhla u ya ku vikela iJe-
rusalema: ku ti ukuba a li vikele u ya
kulisindisa a lengame a li londoloze.
6 Pendukani kuyena o hlutyukwe
kakulu abantwana baka Israeli.
7 Ngokuba ngalolosuku bonke abantu
ba ya kuzilahla izitombe zabo zesiliva,
nezitombe zegolide, e zenziwe izandhla
zenu, ni zenzela isono.
8 Lapoke owa seAsiria u ya kuwa nge-
nkemba e nge yiyo e yesiqwaga; nenke-
mba e nge yiyo e yomuntu ompofu, i
ya kumqeda: kodwa u ya kuyibalekela
inkemba, nezinsizwa zake zi ya kujaba.
9 A welele enqabeni yake ngenxa
yokwesaba namakosi ake a sesabe isi-
bonakaliso, u tyo uJehova, omlilo wake
u seZioni, neziko lake li seJerusalema.

## ISAHLUKO 32.

BHEKA inkosi i ya kubusa ngokulu-
nga, namakosana a buse ngokwa-
hlulela.

2 Umuntu a be indawo yokucatyela
umoya, nendawo yokufihlela isivungu-
vungu: njengemifula yamanzi enda-
weni eyomileyo, njengesitunzi setye
elikulu ezweni elikatazayo.
3 Namehlo abo ababonayo a nga
fipali, nezindhlebe zabo abezwayo zi
zwe.
4 Futi inhliziyo yo ipulukundhlu i ya
kuqonda ukwazi, nolimi lonamalimi lu
kulume kahle.
5 Ku nga tyiwo kumuntu o nge nalu-
to ku tiwe isipani, noncityanayo ku
tiwe u nobubele.
6 Ngokuba umuntu o nge waluto u ya
kukuluma ubushinga, nenhliziyo yake
yenze ububi, bokuzenzisa, nokutyo ama-
nga ngoJehova, ukwenza u be ize umpe-
fumlo wolambileyo, enze ukuba ku pele
ukupuza kowomileyo.
7 Futi izikali zoncityanayo zimbi;
wenza amacebo amabi ukubulala aba-
mpofu ngamazwi a ngamanga, noma e
kuluma kahle odingayo.
8 Kodwa opanayo u veza ukupana:
na ngokupana loko u ya kuma.
9 Vukani, nina sifazana esi hlezi ka-
hle; yizwani izwi lami, nina zintombi
ezi nga nakekeliyo: nikani indhlebe
kuyo inkulumo yami.
10 Ni ya kuhlutywa izinsuku nemi-
nyaka emiuingi, nina sifazana esi nga
nakekeliyo: ku ya kuputa izitelo, uku-
vuna ku nga fiki.
11 Tutumelani, nini sifazana esi hlezi
kahle; ni hlupeke nina aba nga kata-
liyo; kumulani izingubo zenu ni beze,
ni bince amasaka ezinkalweni.
12 Ba kalele izingono zamabele, nama-
simu amahle, nesivini esitelayo.
13 Ku mile ezweni labantu bami, ame-
va namagatya; yebo pezu kwezindhlu
zonke zenjabulo emzini ojabulayo.
14 Ngokuba izindhlunkulu zi ya ku-
delwa; iningi lomuzi li shiywe; izi-
nqaba nezindonga zi be imihume njalo,
injabulo yezimbongolo za sendhle, idhle-
lo lemihlambi.
15 Si ze si fikelwe umoya wa pezulu,
nehlane li be insimu etelayo, nensimu
etelayo i be ihlati.
16 Ukwahlulela ku hlale ehlane, no-
kulunga ku hlale ensimini etelayo.
17 Nomsebenzi wokulunga u be uku-
tula: nokugcina kokulunga ku be uku-
tula nokuqiniseka njalo.
18 Nabantu bami ba ya kuhlala enda-
weni yokutula, na sezindhlini eziqini-
leyo, na sezindaweni zokupumula ezitu-
lileyo:
19 Lapo lehlisa isicoto pezu kwehlati;
nomuzi u be pansi endaweni epansi.
20 Ba ya busiswa aba hlwanyela nga-
semifuleni yonke, be lusela kona inkabi
nembongolo.

## ISAHLUKO 33.

WO kuwena opangayo, u nga pangiwe
wena: okohlisayo, be nga ku ko-
hlisile wena, lapo u su gcinile ukupanga,
u ya kupangwa nawe: na lapo u su gci-
nile ukukohlisa, ba ya kukukohlisa
wena.
2 Jehova, yiba nomusa kitina: si ku
hlalele wena; yiba ingalo yabo kusasa
njalo, nomsindisi wetu esikatini senhlu-
peko.
3 Ekuzwakaleni komsindo, abantu ba
baleka: na sekuvukeni kwako, izizwe
za hlakazeka.
4 Nempango yako i ya kubutwa nje-
ngokubuta kwecimbi; nanjengokuhla-
sela kwezinkumbi u ya kubahlasela.
5 uJehova u pakeme: ngokuba u hlezi
pezulu: u li gcwalisile iZioni ngokwa-
hlulela na ngokulunga.
6 Ukuhlakanipa nokwazi ku ya ku-
ba ukuqiniseka kwesikati sako, nama-
ndhla ensindiso: ukwesabeka kuka
Jehova ku igugu lake.
7 Bheka, amaqawe abo a ya kukala
ngasendhle: nezigijimi zokutula zi kale
kakulu.
8 Imigwaqo yenile, a ku sa hambi
muntu: u sa pulile isivumelwano, u i
delele imizi ka kataleli muntu.
9 Umhlaba u ya kala, u dangele: iLe-
banoni li jabile, li gauliwe: iSharoni li
njengehlane; neBashane neKarmeli li
vutulukisa.
10 Manje ngi ya kuvuka, u tyo uJe-
hova: manje ngo pakama: ngi zivuse.
11 Ni ya kukulelwa amakoba, ni zale
izisinde: nomoya wenu, njengomlilo, u
ni qede.
12 Nabantu ba be njengokutyiswa
komcako: njengameva e nqunyiwe, ba
ya kutyiswa emlilweni.
13 Yizwani, nina eni kude, e ngi kwe-
nzileyo mina; nani eni seduze, vumela-
nani ngamandhla ami.
14 Izoni eZioni zi yesaba; ukungesabi
ku betusile abakohlisi. Ubani kitina o
ya kuhlala kanye nomlilo oqedayo na?
Ubani kitina o ya kuhlala ekutyisweni
okungapeliyo na?

15 Yena o hamba ngokulunga, no kuluma kahle; no delela inzuzo yabangalungile, no nikina izandhla zake ekupateni umvuzo, no vimba izindhlebe zake ekuzweni ngegazi, no valayo amehlo ake ekuboneni okubi:

16 Yena u ya kuhlala pezulu, indawo yake e inqaba i ya kuba emagumbini amatye; a piwe isinkwa; namanzi ake a qiniseke.

17 Amehlo ako a ya kubona inkosi ebuhleni bayo; a ya kulibona izwe elikude kakulu.

18 Inhliziyo yako i ya kutyo ngokwesaba, Upi umlobi? Upi owamkelayo? Upi yena owa e bala izinqaba na?

19 A u i ku ba bona abantu aba nonya, abantu abalulimi lu sangene nawe u nga lu qondi; aba namalimi, ukuze u nga bezwa.

20 Bheka iZioni, umuzi wobukosi bakiti; amehlo ako a ya kubona iJerusalema li indawo etulileyo, indhlu e nga yi ku wiswa pansi: ku nge be ku sa suswa neyodwa insika yakona, nezintambo zakona zi nga gqatyulwa nakanye.

21 Kodwa lapo uJehova o nomusa u ya kuba kitina; indawo yemifula ebanzi nemifulana, lapo ku nga i ku ngena izikebe, nomkumbi omkulu u nge i dhluli.

22 Ngokuba uJehova u ngumabi wetu, uJehova u ngumenzi wemiteto yetu, uJehova u inkosi yetu; u ya kusisindisa yena.

23 Izibopo zako zi xegisiwe; be zi nge i qinise kahle insika yazo, be zi nga i ku yeneka indwangu: lapoke impango enkulu etatiweyo i ya kwahlukaniswa: abaqugayo ba tate impango.

24 Owakileyo a nga tyo ukuti ngi ya gula: abantu aba hlala kona ba ya kuyekelwa ebubini babo.

## ISHALUKO 34.

SONDELANI, nina zizwe, ni lalele; yizwani, nina bantu; ma u zwe nomhlaba, nako konke oku kuwo; nezwe, nako konke okuvela kulo.

2 Ngokuba intukutelo ka Jehova i pezu kwezizwe zonke, nolaka lu pezu kwezimpi zazo: u zi citile impela, u zi nikile ekubulaweni.

3 Nababuleweyo bazo ba ya kutyingwa, ukunuka ku ya kuvela ezidunjini zabo, nezintaba zi ya kuncibilikiswa ngegazi labo.

4 Nebandhla lonke lezulu li ya kupela, nezulu li ya kusongwa njengencwadi esongiweyo; nebandhla lonke lalo li ya kuwa pansi njengeqabunga li vutuluka evinini na njengekiwane li wa emkiwaneni.

5 Ngokuba isinkemba sami si ya kuhlanzwa ezulwini: bheka, se si za kwehlela Edumea, pezu kwabantu e ngi ba qalekisileyo, sehlela ukwahlulela.

6 Isinkemba sika Jehova se si suti igazi, si nonile ngamanoni, na ngegazi lamacwane ne lezimbuzi, namanoni ezinso zezinqama; ngokuba uJehova u nokuhlabisa okukulu eBozra, nokubulala okukulu ezweni la sEdumea.

7 Obedjane ba ya kuwa nazo, kanye nezinkomo nezinkunzi; izwe labo li ya kusuta igazi, notuli lwabo lu ya kunona ngamanoni.

8 Ngokuba lu usuku lokupindisela kuka Jehova, ku umnyaka wokubuyisela ngokupikisana neZioni.

9 Imifula ya kona i ya kupenduka i be itye notuli lwalo lu ya kuba isolufa, nezwe la kona li be itye elivutayo.

10 A li yi kucinywa busuku namini; ukutunqa kwalo ku ya kukupuka njalo ku ze ku be pakade: isizukulwane ngesizukulwane li citekile; a ku yi kudhlula kulo muntu, na nini na nini.

11 Kepa li ya kusala li be e lekomoranti ne la o nondwebu; ku hlale kulo isikova negwababa: u ya kwelula pezu kwalo intambo yokucita, neplumeti lencitakalo.

12 Ba ya kubiza izikulu zalo zonke zi ze ukubusa, kepa a si yi kubako, namakosana alo onke a ya kuba ize.

13 Ameva a ya kuhluma ezindhlini ezinkulu zalo, imbati nobobo ezinqabeni zalo, li ya kuba indawo yokuhlala amadrako, nendhlu yezikova.

14 Izilwane zehlane zi ya kuhlangana nezilwane zesigqingi kona, impisi i ya kukalelana nomngane wayo; isikova esikalayo si ya kuhlala kona, si zizuzele indawo yokupumula.

15 Isikova esikulu si ya kwaka indhlu yaso kona, si zalele, si camisele, si fulele ngomtunzi waso: a ya kubutana kona amanqe ku be ilelo nomngane walo.

16 Funani encwadini ka Jehova, ni funde: a ku ko nakunye kwa loku oku ya kupelela pansi, a ku ko oku ya kuswela umngane wako: ngokuba umlomo wake u tyilo, nomoya wake u ku hlanganisile ndawonye.

17 Yena wa kwabela ngenkato, isa-

ndhla sake sa kwahlukanisela ngentambo: li ya kuba elako ku ze ku be pakade, ku ya kuhlala kulo izizukulwane ngezizukulwane.

## ISAHLUKO 35.

KU ya kutokoza ngaloku ihlane nendawo e nge nanto; indawo e uqwata i ya kutokoza, i kahlele njengorosi.

2 Ku ya kukahlela kakulu, ku tokoze ngokutokoza na ngokuhuba: ku ya kupiwa udumo lweLebanoni, nobuhle beKarmeli no beSharoni, ku bone ubukosi buka Jehova, nobuhle buka Tixo wetu.

3 Qinisani izandhla ezi nge namandhla, ni mise amadolo a butakataka.

4 Yityoni kubo aba nenhliziyo etutumeleyo, Qinisani, ni ngesabi: bhekani, uTixo wenu u ya kuza ngokupindisela, u ze uTixo ngokubuyisela: u ya kuza a ni sindise.

5 Kona amehlo ezimpumpute a ya kuvulwa, nezindhlebe zezitulu zi vulwe.

6 Kona unyonga lu ya kutyekula njengenyamazane, nolimi lwesimungulu lu hlabelela: ngokuba amanzi a ya kuboboka ehlane, nemifula endaweni yogwadule.

7 Umhlabati otyileyo u ya kuba icibi, nomhlabati owomileyo u yakuba imitombo yamanzi: endaweni a lala kuyo amadrako ku ya kuba kona umhlanga nekwani.

8 Ku ya kuba kona umendo nendhlela e ya kutiwa indhlela yobungcwele: abangcolileyo a ba yi kuhamba ngayo, kepa i ya kuba indhlela ya labo: abahambayo, noma ba iziula, ba nge duki kuyo.

9 A li yi ku bako ibubesi, nesilwane esidhlayo a si yi kuhamba ngayo, si nge bonwe kuyo; kepa abahlengiweyo ba ya kuhamba kona.

10 Abahlaulelweyo baka Jehova ba ya kubuya, be ze eZioni benze amahubo be qeliswe ngokutokoza okungunapakade: ba ya kuzuza ukutokoza nokujabula, ku baleke usizi nokudabuka.

## ISAHLUKO 36.

KWA ti ngomnyaka weshumi nane uHezikia e inkosi, uSenakeribe inkosi ya seAsiria we za wa hlasela imizi yonke evikelweyo ya kwaJuda wa i tata.

2 Inkosi ya seAsiria ya m tuma uRabshaka e suka eLakishi e ya eJerusalema kuyo inkosi uHezikia e hamba nempi enkulu. Wa za wema ngasenkaseni yamanzi e senhla ngasendhleleni yezwe lomhlanzi.

3 Wa puma wa ya kuye uEliakimu, indodana ka Hilkia, umbonisi wendhlu, noShebna umlobi, noJoabi, indodana ka Asafi, induna yezindaba.

4 uRabshaka wa ti kubo, a no tyo kuHezikia ukuti, Inkosi ya seAsiria, inkosi enkulu, i ti, Loku kutemba o temba kuko ukutemba kuni na?

5 U ti, u namasu namandhla ukulwa (amazwi omlomo nje:) u temba kubani, ukuba u hlubuke kimi na?

6 Bhekake, u temba ozimeni lohlanga lolu olufecekileyo, iEgipite; uma umuntu e mi ngalo, lu ya ku ngena esandhleni, lu si gwaze: u njalo uFaro inkosi ya sEgipite kubo bonke aba temba kuye.

7 Kepa uma u ti kimi ukuti, Si yetemba kuJehova uTixo wetu: a siye ini, o ku suswe uHezikia izindawo zake, ezipakamileyo namalati ake, wa tyo kwaJuda na kwaJerusalema ukuti, Ni ya ku yenza inkonzo pambi kwelati leli?

8 Manje, ngi ya kucela, ngiti, vuma enkosini yami inkosi ya seAsiria, ngi ya kunika amahashi a izinkulungwane ezimbili, uma wena u nga veza abantu bokukwela kuwo.

9 Ku ngema kanjani ukuba u fulatelisa emva ubuso benduna inye encinyane kuzo zonke izinceku zenkosi yami, u tembela izinqola nabamahashi Egipite?

10 Ngi zile ngapandhle ku kaJehova ini ukuhlasela lelizwe nokuliqeda na? uJehova wa tyo kimi, Kupuka u hlasela lelizwe, u li bubise.

11 Kona uEliakimu noShebna noJoabi ba ti kuRabsheka, Si ya cela ukuba u kulume kitina ngolimi lwa seAsiria; ngokuba si ya lwazi: u nga kulumi kiti ngolimi lwamaJuda, ezindhlebeni zabantu aba sogangeni.

12 Kepa uRabsheka wa ti Inkosi yami i ngi tumele enkosini yako na kuwe ini ukuba ngi kuluma lawamazwi na? A sibo lababantu abahlezi ogangeni, e ngi tumela bona ukuba ba dhle indhle yabo, ba puze umtyobingo wabo ini na?

13 Kona uRabsheka wema, wa memeza ngezwi elikulu ngolimi lwamaJuda, wa ti, Yizwanini amazwi enkosi enkulu, inkosi ya seAsiria.

14 I tyo inkosi ukuti, Ma ni nga kohliswa uHezekia: ngokuba a ka yi kuba namandhla okunisindisa.

15 Futi uHezekia ma ka nga ni tembisi ngoJehova, ngokuti, uJehova u ya kusisindisa impela, lomuzi a u so ze u nikelwa esandhleni senkosi ya seAsiria.

16 Ni nga m laleli uHezekia: ngokuba inkosi ya seAsiria i ti, Vumelanani nami ngomnikelo, ni pume ni ze kimi: ni dhle nonke ku be i lowo emvinini wake, na semkiwaneni wake, ni puze nonke emanzini etanki lake; .

17 Ngi ze ngi ni tabate ngi ni yise ezweni eli njengelenu, izwe lamabele newaini, izwe lesinkwa nezivini.

18 Xwayani ukuba uHezekia a nga ni ungi, ngokuti, uJehova u ya kusisindisa. Imbala u kona noyedwa kotixo bezizwe o sindisile izwe lake esandhleni senkosi ya seAsiria na?

19 Ba pi otixo ba seHamati naba seArpade na? Ba pi otixo ba seSefarvami na? Imbala ba li sindisa iSamaria esandhleni sami na?

20 Pakati kotixo bonke, ba kona obani aba sindisile izwe labo esandhleni sami, ukuba uJehova u ya kusindisa iJerusalema esandhleni sami na?

21 Ba tula, a ba m pendulanga ngazwi; ngokuba izwi lenkosi la li ngokuti, ni nga m penduli.

22 Kona uEliakimu, indodana ka Hilkia, owa e umbonisi wendhlu, noShebna umlobi, noJoa, indodana ka Asafa, induna yezindaba, beza kuHezekia be nezingubo zabo zi dabukile, ba m tyela amazwi aka Rabsheka.

## ISAHLUKO 37.

KWA ti uHezekia inkosi, e se zwile loku, wa dabula izingubo zake, wa zembesa indwangu yamasaka, wa ngena endhlini ka Jehova.

2 Wa tuma uEliakimu, owa e umbonisi wendhlu, noShebna umlobi, namalunga kubapristi ba zembesa indwangu yamasaka, ba ya kuIsaya umprofeti indodana ka Amozi.

3 Ba ti kuye, U tyo loku uHezekia ukuti, Namhla usuku lokuhlupeka, nolokusola, nolokweisa; ngokuba se si fikile isikati sokubeleta izingane, kepa a wako amandhla okubeleta.

4 Mhlaumbe uJehova uTixo wako u ya kuzwa amazwi aka Rabsheka o tunywe inkosi ya seAsiria inkosi yake ukuba a jivaze uTixo opilayo, a wa sole amazwi uJehova uTixo wako a we zwileyo: ngako pakamisa ukukuleka ngensali eseleyo.

5 Izinceku zika Hezekia inkosi zenza njalo kuIsaya.

6 uIsaya wa ti kuzo, Ni ya kutyo enkosini yenu ukuti, U tyo uJehova loku ukuti, U nga wesabi amazwi owezwileyo, ezinceku zenkosi ya seAsiria ezi ngi gangele ngawo.

7 Bhekake, ngi ya kutuma umoya kuyo, i ya kuzwa udumo, i buyele ezweni layo; ngi ya kuyenza i we ngenkemba ezweni layo.

8 uRabsheka wa buya njalo, wa i fumana inkosi ya seAsiria i lwa eLibna: ngokuba u be zwile ukuba i si mukile eLakishi.

9 I bi zwile ukuba ku kulunywa ngoTirhaka inkosi ya sEtiopia ngokuti, u yeza ukulwa nayo. Ngokuzwa kwake loko, wa tuma izigijimi kuHezekia, e ti,

10 Ni ya kukuluma loku kuHezekia inkosi ya seJuda, ukuti, Ma u nga kohliswa uTixo wako, o metembayo ngokuti, iJerusalema a li yi kunikelwa esandhleni senkosi ya seAsiria.

11 Bheka, u zwile okwenziwe amakosi a seAsiria kuwo onke amazwe ngokuwabubisa nya; u ya kusindiswa wena na?

12 Otixo bezizwe ba ba sindisa ini laba. aba bujiswa okoko bami, ngi tyo uGozana, noHaranu, noRezefi, naba seEdene aba be hlala eTelasa na?

13 Ipi inkosi ya seHamati, nenkosi ya seArpade, nenkosi yomuzi o seSefarvami, noHena noIva na?

14 uHezekia wa yamkela lencwadi esandhleni sezigijimi, wa i funda: uHezekia wa kupukela endhlini ka Jehova, wa yambula pambi kuka Jehova.

15 uHezekia wa kuleka kuJehova, e ti,

16 Jehova wamabandhla, Tixo ka Israeli, wena o hlala emkatini wamakerubi, u wena o nguTixo, wena wedwa, wemibuso yonke emhlabeni: wenza izulu nomhlaba.

17 Nga u beka indhlebe yako Jehova, u zwe; u vule amehlo ako, Jehova, u bone: u zwe onke amazwi aka Senakeribe, o wa tumile ukujivaza uTixo opilayo.

18 Ngeqiniso, Jehova, amakosi a seAsiria a citile izizwe zonke, namazwe azo.

19 A ponsile otixo bazo emlilweni: ngokuba be nge sibo otixo, ba be umsebenzi wezandhla zabantu, imiti namatye: ngaloko a ba citile.

20 Ngako Jehova, Tixo wetu, ma u si sindisa kaloku esandhleni sake, ukuba yonke imibuso yomhlaba yazi ukuba wena u nguJehova uwe wedwa.

21 Kona uIsaya indodana ka Amozi wa tuma kuHezekia ngokuti, U tyo uJehova uTixo wabaIsraeli u ti, Njengaloku u kuleke kimina ngoSenakeribe inkosi ya seAsiria:

22 Nanti izwi uJehova u kulumile ngaye, lokuti Intombi, indodakazi ya seZioni, i ku delile, i ku hleke usulu; indodakazi ya seJerusalema ya nqakuza ikanda ngakuwe.

23 U ngubani o m jivazileyo o gange ngaye na? U ngubani o pakamisile izwi lako ngaye, u bhekesise amehlo pezulu na? Ku ngo ingcwele ka Israeli.

24 U jivazile uJehova ngezinceku zako, wa tyo ukuti, Ngobuningi bezinqola zami ngi fikile ekupakameni kwezintaba, emacaleni eLebanoni; ngi ya kugaula imisedare yalo emide, nemiberoshi yalo emihle: ngi ya kuugena ekupakameni komkaulo walo, na sehlatini leKarmeli lalo.

25 Ngi mbile, ngi puzile amanzi; ngonyawo lwami ngomisile imifula yonke yezindawo ezihaqiweyo.

26 A u zwanga ini kade, ukuba imina engi kwenzileyo; ukuba nga ku misa ekadeni? kaloku ngi kwenzile, ukuba wena u ya kucita imizi e izinqaba i ze i dilike.

27 Ngako aba kuyo ba be namandhla a incozana, ba saba ba tutumele: ba be njengotyani ba sendhle, njengesimilo esiluhlaza, njengotyani obu pezu kwendhlu, njengamabele atyisiweyo e nga ka kuli.

28 Kepa ngi yazi ukuhlala kwako, nokupuma, nokungena kwako, kanye nokuvukela kwako nga kimi.

29 I loko ukungivukela kwako, nokufuta kwako, ku zile ezindhlebeni zami, ngako ngi ya kufaka insimbi ekaleni lako, nesifonya ezindebeni zako, ngi ya kukubuyisela emva ngendhlela o bu vele ngayo.

30 Loku ku ya kuba isibonakaliso kuwe, Nonyaka ni ya kudhla okuzimilelayo; nonyaka ozayo ni dhle okuhlumayo kuloko: ngonyaka wesitatu hlwayelani, ni vune, ni tyale izivini, ni dhle izitelo zazo.

31 Nensali esindileyo yendhlu ya kwaJuda i ya kubuya i gxile pansi impande, i tela izitelo pezulu.

32 Ngokuba i ya kuvela eJerusalema insali, nabasindileyo entabeni eZioni: ukufudumala kuka Jehova wamabandhla ku ya kwenza loko.

33 Ngako, u tyo uJehova ngayo inkosi ya seAsiria, ukuti A i yi kuza emzini lo, i ponse umcibityelo kona, i ngeze kona i pete izihlangu, i nga lwenzi utango ngakuwo.

34 Ngendhlela e bi ze ngayo, i ya kubuya i muke ngayo, i nga ngeni emzini lo, u tyo uJehova.

35 Ngokuba ngi ya kuvikela lomuzi ngi ya kuwusindisa ngenxa yegama lami, na ngenxa yenceku yami uDavida.

36 Kona ingelosi ka Jehova ya puma, ya tyaya ekamu lamaSiria izinkulungwane ezi ikulu namashumi ashiyagalombili nanhlanu: kwa ti lapo be vuka kusasa, nampa, ba izidumbu bonke.

37 Njalo uSenakeribe inkosi ya seAsiria we muka, wa buyela emva, wa hlala eNineva.

38 Kwa ti, e sa kuleka endhlini ka Nisroke, isitixo sake, uAdrameleka noShareze amadodana ake ba m tyaya ngenkemba; ba balekela ezweni la seArmenia: uEsarhadona indodana yake ya busa endaweni yake.

ISAHLUKO 38.

NGALEZOZINSUKU uHezekia wa e gula e pansi kokufa. Umprofeti uIsaya indodana ka Amozi weza kuye, wa kuluma wa ti kuye, uJehova u tyo loku ukuti, Yalela indhlu yako: ngokuba u za kufa, ka u yi kusinda.

2 Kona uHezekia wa pendulela ubuso odongeni, wa kuleka kuJehova.

3 E ti, O Jehova, ngi ya kuncenga, ma u kumbule, kaloku, ukuhamba kwami pambi kwako ukuba kwa ku ngeqiniso na ngenhliziyo epeleleyo, ngenze okulungileyo emehlweni ako. uHezekia wa kala nokukala.

4 Kona izwi lika Jehova la fika kuIsaya, li ti,

5 Hamba, u tyo kuHezekia ukuti, uJehova, uTixo ka Davida uyihlo, u ti, Ngi zwile ukukuleka kwako, ngi bonile izinyembezi zako; bheka, ngi za kwenezela ezinsukwini zako iminyaka e ishumi nesihlanu.

6 Ngi ya kusindisa wena kanye na

lomuzi esandhleni senkosi ya seAsiria:
ngi ya kuuvikela lomuzi.
7 Loku ku ya kuba isibonakaliso ku-
we esi vela kuJehova, sokuba uJehova
u ya kwenza loku a ku tyiloyo.
8 Bheka, ngi ya kubuyisela emva isi-
tunzi, e se si dhlulile encwadini yoku-
linganisa ilanga yika Ahazi, ngeza-
hluko ezi ishumi. Njalo ilanga la buyela
ngezahluko ezi ishumi, ilezozahluko e se
li dhlulile ngazo.
9 Ukuloba kuka Hezekia inkosi ya
kwaJuda, lapo e be gulile, wa sinda
ekuguleni kwake:
10 Nga ti ekunqunyweni kwezinsuku
zami ukuti, ngi ya kuya emasangweni
etuna: ngamukiwe insali yeminyaka
yami.
11 Nga ti, a ngi yi kubona uJehova,
yena uJehova, ezweni labahambayo: a
ngi yi kubona futi umuntu ebantwini
abake emhlabeni.
12 Ukuhlala kwami ku dhlulile, ku
susiwe kimi njengetente lomalusi: Ngi
nqumile ukupila kwami njengowalu-
kayo: u ya ku ngi nquma ngokugula
okudhlayo: ku tate ekuseni ku ze ku-
hlwe u ya kungiqeda.
13 Kwa za kwa sa, ngi ti, u ya wa-
pula amatambo ami, njengebubesi: ku
tate ekuseni ku ze ku hlwe u ya kungi-
qeda.
14 Be ngi kala, njengonowamba ne-
nkwenjane: be ngi lila njengejuba:
amehlo ami a pela mandhla ngokubuka
pezulu: O Jehova, ngi cindezelwe; ma
u ngi size.
15 Ngi nga tini na? yena u kulumile
kimi, uye u kwenzile: Ngi ya kuha-
mba kahle yonke iminyaka yami ngo-
buhlungu benhliziyo yami.
16 O Jehova, ukupila ku ngaloku,
kuko konke loku ku kona ukupila kwa-
mi: njaloke u ya ku ngi sindisa, u ngi
pilise.
17 Bheka endaweni yokutula ngi be
ngi nobuhlungu obukulu: kepa wena
ngokuwutanda umpefumlo wami u wu
kipile egodini lokububa: ngokuba u
lahlile zonke izono zami emva kwako.
18 Ngokuba ituna li nge ze la ku
bonga, nokufa ku nge ku dumise: aba-
tyona egodini ba nge tembe eqinisweni
lako.
19 O kona, o kona uyena o ya kuku-
bonga, njengaloku ngenzayo namhla:
uyise u ya kubazisa abantu bake iqiniso
lako.
20 uJehova wa e lungele ukungisi-
ndisa: ngaloko si ya kuhlabelela ama-
gama ami ngezingubu ezi nezintambo
endhlini ka Jehova zonke izinsuku
zokubamba kwami.
21 Ngokuba uIsaya u be tyilo, ma ba
tabate amakiwane, ba wa beka etu-
mbeni, kona u ya kusinda.
22 uHezekia wa tyo futi, e ti, Isipi
isibonakaliso sokuba ngi ya ku kupuka
ngi ye endhlini ka Jehova na?

## ISAHLUKO 39.

NGALESOSIKATI uMerodakabala-
dane indodana ka Baladane, inkosi
ya seBabulona, wa tuma izincwadi ne-
sipo kuHezekia: ngokuba e zwile uku-
ba u be e gula, wa sinda.
2 uHezekia wa tokoza ngazo, wa ba
bonisa indhlu yamagugu ake, isiliva,
negolide, nezixuvo, namafuta a nenani,
nendhlu yonke yezikali, nako konke
okufunyaniswa emagugwini ake: kwa
ku ngeko into endhlini yake, na sembu-
sweni wake wonke, uHezekia a nga ba
bonisanga.
3 Kona uIsaya umprofeti we za ku-
Hezekia inkosi, wa ti kuye, Lababantu
ba be tini na? Ba vela ngapi ukuze be
ze kuwe na? Wa ti uHezekia, Ba vela
ezweni eli kude, kona le eBabulona, be
ze kimi.
4 Anduba a ti, Ba boneni endhlini
yako na? uHezekia wa pendula wa ti,
Ba bonile konke oku sendhlini yami: a
ku konto emagugwini ami e ngi nga ba
bonisanga yona.
5 Kona uIsaya wa ti kuHezekia, Yi-
zwa izwi lika Jehova wamabandhla.
6 Bheka lu yeza usuku, lapo konke
oku sendhlini yako, nako oku godhli-
weyo oyihlo ku ze ku be namhla, ku
ya ku yiswa eBabulona: ku nge sale
luto, ku tyo uJehova.
7 Amadodana ako a ya kupuma kuwe,
o ya kuwazala, ba ya kuwatata: a ya
kuba izinceku eziteniweyo esigodhlweni
senkosi ya seBabulona.
8 uHezekia wa se e ti kuIsaya, Li
lungile izwi lika Jehova o li tyiloyo. Wa
tyo futi nokuti, Ku ya kuba kona uku-
tula neqiniso ngesikati sami.

## ISAHLUKO 40.

DUDUZANI, ni duduze abantu bami,
u tyo uTixo wenu.
2 Ma ni kulume kahle kulo iJerusa-
lema, ni memeze kulo ni ti, ukulwa

kwalo ku fezekile, li tetelelwe ngo-
kona kwalo: ngokuba lamkela esa-
ndhleni si ka Jehova ku ze ku be kabili
ngezono zalo zonke.
3 Izwi lomemezayo ehlane lokuti,
Lungisani indhlela ka Jehova, ni me-
nzele uTixo wetu ehlane umendo u
qonde.
4 Izigodi zonke zi ya kugcwaliswa,
izintaba zonke nezinkalo zi ya ku dili-
zwa: izinsongesonge zi ya kulungiswa
ku qonde ntse, nemigoxigoxi i ya kulu-
ngiswa i be itafa nje.
5 Ubukosi buka Jehova bu ya kubo-
nakala, bonke abantu ba ya kubona
kanye: ngokuba umlomo ka Jehova u
tyilo.
6 Izwi la ti, Memeza. Wa ti, Ngi ya
kumemeza ngokutini na? Inyama yo-
nke i utyani, ubuhle bayo bonke bu
njengembali ya sendhle.
7 Utyani bu ya buna, imbali i vutu-
luke: ngokuba umoya ka Jehova u ya
futela pezu kwayo: impela abantu ba
utyani.
8 Utyani bu ya buna, imbali i ya vu-
tuluka: kepa izwi lika Tixo wetu li
ya kuma pakade.
9 Wena o leta izindaba ezinhle eZioni,
kupukela entabeni ende: Wena o leta izi-
ndaba ezinhle eJerusalema, pakamisa
izwi lako ngamandhla: u li pakamise u
ngesabi; yityo kuyo imizi ya kwaJuda
ukuti, Bhekani uTixo wenu.
10 Bhekani, uJehova uTixo u yeza
ngamandhla, u ya kubusa ngengalo ya-
ke: bhekani umvuzo wake u naye,
umvuzo womsebenzi wake.
11 U ya kwalusa umhlambi wake nje-
gomalusi: a bute amazinyane ngengalo
yake, a wa gone esifubeni sake, a hole
kahle ezanyisayo.
12 Ubani o linganisa amanzi ngente-
nde yesandhla sake, wa linganisa izulu
ngeminwe, wa hlanganisa utuli lom-
hlaba esityeni, wa linganisa izintaba
ngezinkalo namaduli ngezilinganiso?
13 Ubani o qondisa umoya kaJehova,
nokuba a be umpakati wake wa m fun-
disa na?
14 Wa ceba nobani, ubani owa m zwisi-
sa, wa m fundisa endhleleni yokwahlu-
lela, wa m fundisa ukwazi, wa m bonisa
ukuqonda na?
15 Bheka, izizwe zi njengetonsi lesi-
tya, ku tiwa zi ngangotuli olucinyane
olu sesilinganisweni; bheka, u ya ta-
bata izigqingi njengento encinyane.
16 iLebanoni a lanele ukubasa, nezil-
wane zalo a zanele ukuba umnikelo ngo-
mlilo.
17 Zonke izizwe zi njengokungeluto
pambi kwake; u ti kuzo zincinyane ku
noku ngeluto, zi ize nje.
18 Ni ya kumfanisa uTixo nobani na?
Ni ya kumlinganisa namupi umfanekiso
na?
19 Inyanga i yenza isitombe esitotyi-
weyo ngokucibilikisa, inyanga yegolide
i namatelisa pezu kwaso igolide, yenze
amaketanga esiliva.
20 Yena ompofu kangaka ukuba e nge
namnikelo u ya keta umuti ongaboliyo;
a fune inyanga ehlakanipileyo ukuba
yenze isitombe esibaziweyo, esi ya kuqi-
na njalo.
21 A nazanga ini? a ni zwanga ini na? a
ni tyelwanga ini na sekuqaleni? a ni zwi-
sanga se loku kwa sekelwa umhlaba ini
na?
22 Ku nguye o hlezi pezu kwesizunge-
lezelo somhlaba, abaki kuwo ba njenge-
zintete; o wambula izulu njengendwa-
ngu, e lelula njengetente ukuba ku hla-
lwe kulo.
23 O wenza amakosi a be into e nge
yaluto; nabahluleli bomhlaba ba be ize.
24 Yebo, a ba yi kutyalwa: yebo, a ba
yi kuhlwanyelwa: yebo, inzalo yabo a i
yi kutola impande emhlabeni: u ya ku-
futela pezu kwabo, ba ya kubuna, nesi-
vunguvungu si ya ku ba pepula njenge-
minyani.
25 Ni ya kungifanisa kambe nobani
na? Ngi ya kulingana nobani na? u tyo
yena o ingcwele.
26 Pakamisani amehlo enu pezulu ni
bheke o wenze lezizinto zonke, o kipa
ibandhla lazo: ngokubala u ya biza zo-
nke ngamabizo ngobukulu bamandhla
ake, ngokuba u qata ngamandhla: a yi
silali neyodwa.
27 U tyo ngani wena, Jakobe, wena,
Israeli, u kulumelani ukuti, Indhlela
yami i sitekile kuJehova, icala lami li
dhlulile kuTixo wami?
28 A wa zanga ini? a u zwanga ini,
ukuba uTixo opakade, uJehova, umenzi
wemikaulo yomhlaba, ka pelamandhla?
ka katali na? a ku penyeke ukuqonda
kwake.
29 Abapelamandhla u ba pa wona; u
yenezela amandhla kubo aba nge nawo.
30 Izinsizwa zi ya kupelamandhla zi
katale, nabatya ba we nya:
31 Kepa abametembayo uJehova ba ya

kutola amanye amandhla; ba kupuke
ngamapiko njengokozi; ba ya kugijima,
be nga katali; ba hambe, be nga pela-
mandhla.

## ISAHLUKO 41.

TULANI pambi kwami, nina ziqingi;
abantu ba zuza amandhla amanye:
ma ba sondele; ba kulume: ma si sonde-
lane ekwahluleleni.
2 Ubani owa vusa olungileyo empuma-
langa, wa m biza e ze ngasonyaweni lwa-
ke, wa m nika izizwe pambi kwake, wa
m misa e busa pezu kwamakosi? wa ba
nikela esinkembeni sake ba njengotuli
nje, na njengeminyani e petyulwa umo-
ya emcibityelweni wake.
3 Wa ba xotya, wa dhlula kahle; nge-
ndhlela ezi nga bonanga zi hamba ngayo
izinyawo zake.
4 Ubani o wenzileyo, owa biza na se-
kuqaleni izizukulwane na? Imina Je-
hova o ngowokuqala, nowokupela; ngi
nguye.
5 Iziqingi za kubona, zesaba; imika-
ulo yezwe yesaba, ya sondela, ya fika.
6 Ba sizana bonke abakeleneyo; kwa
ba ilowo wa ti kumfo wabo, Yima isi-
bindi.
7 Njalo umbazi wa qinisa inyanga ye-
golide, nowa kanda ngesando owa tyaya
itye lokukandela, e ti, Se ku lungele
ukunamteliswa: wa ku qinisa ngezinko-
nkwane, ukuba ku nga zamazami.
8 Kepa wena, Israeli, u inceku yami;
uJakobe e ngi m ketileyo, inzalo ka Aba-
hama isihlobo sami.
9 Wena engi ku tatileyo emikaulweni
yezwe, nga ku biza ezikulwini za kona,
nga tyo kuwe, U inceku yami: Ngi ku
ketile, a nga ku lahla.
10 U ngesabi; ngokuba ngi nawe: U
nga bi naluvalo; ngokuba ngi nguTixo
wako: ngi ya kuqinisa; yebo, ngi ya
kusiza; yebo, ngi ya kusekela ngesoku-
nene sokulunga kwami.
11 Bheka, bonke aba be ku tukutelela
ba ya kuba namahloni ba jabe: ba ya
kuba njengeze: abalwa nawe ba ya ku-
buba.
12 U ya kubafuna, u nga ba fumani,
bona abalwe nawe: labo abalwe nawe
ba ya kuba njengeze, na njengento e nge
yaluto.
13 Ngokuba mina Jehova uTixo wako
ngi ya kusibamba isandhla sako soku-
nene, ngi tyo kuwe, U ngesabi: ngi ya
kukusiza.
14 U ngesabi, wena msundu Jakobe,
nina bantu baka Israeli; ngi ya kukusi-
za, u tyo uJehova, nomhlengi wako, o
ingcwele ka Israeli.
15 Bheka, ngi ya kukwenzela isibulo
esitya esibukali esi namazinyo; u ya ku-
bula izintaba, u zi bete zi ze zi be zinci-
nyane, u yenze imimango i be ama-
koba.
16 U ya kuyela, i ya kumuka nomo-
ya, i citwe isivunguvungu; wena u ya
kutokoza ngoJehova, u be nodumo nga-
ye o ingcwele ka Israeli.
17 Uma abampofu nabadingayo be
funa amanzi, e ngeko, nolimi lwabo lu
pele ngokoma, mina uJehova ngi ya ku-
bezwa, mina uTixo wabaIsraeli a ngi
yi kuba shiya.
18 Ngi ya kuveza imifula ezindaweni
ezi pakamileyo, nemitombo ezihlanjeni:
ngi ya kwenza ihlane li be icibi, no-
mhlabati o womileyo u be imitombo ya-
manzi.
19 Ngi ya kutyala ehlane umsedare,
nomshita, nomurtle, nomgwenya; ngi
tyale obala umuti ufire, umtidhari no-
mberoshe, nomkoba.
20 Ukuze ba bone, bazi, ba qonde, be
zwa kanye, ukuba isandhla sika Jehova
si kwenzile loku, no ingcwele ka Israeli
wa ku veza.
21 Sondezani indaba yenu, u tyo uJe-
hova; ni lande oku namandhla kwenu;
i tyo inkosi ka Jakobe.
22 Wa ba veze, ba si bonisa oku ya ku-
vela: ba bonise oku dhlulileyo, uma kwa
ku ini ukuba, si ku cinge, sazi ukupela
kwako; noma ba si tyela okuzayo.
23 Yityoni okuzayo esikatini esipambi-
li, ukuba si nazi ukuba ni ngotixo: ye-
bo, ma nenze okulungileyo, noma oku-
bi, ukuba si nga ku bheka si ku bone
kanye.
24 Bhekani ni ncinyane, ku noku nge
luto, nomsebenzi wenu mubi ku nowe-
nyoka: u inzondeko o ni ketileyo.
25 U kona engi m vezile enyakato, u
ya kuza: empumalanga u ya kubiza
egameni lami: u ya kwehlela pezu kwa-
makosi njenga pezu kodaka, njengo-
mbumbi u xova ibumba.
26 Ubani owa tyoyo ekuqaleni, ukuba
sa kwazi na? na sesikatini esidhlulileyo,
ukuba si nga ti, U lungile na? a muko
okubonisileyo, yebo, no yedwa okutyi-
loyo, a muko ozwayo amazwi enu.
27 Owokuqala u ya kutyo eZioni,
Bhekanini ni ba bheke: ngi ku nika

iJerusalema o za kumemeza izindaba ezinhle.
28 Ngokuba nga bheka, kwa ku ngeko umuntu; pakati kwabo, wa ye ngeko no wompakati, o nga ngi pendula ngezwi, uxa ngi ba buzayo.
29 Bhekani, ba ize bonke; nemisebenzi yabo i into i nge yaluto: nezitombe zabo ezibunjiwe ngokuncibilikisa zi umoya nesinyakanyaka.

## ISAHLUKO 42.

BHEKA inceku yami, engi yi sekelayo; oketiweyo wami, otokoza ngaye umpefumlo wami; ngi telile umoya wami pezu kwake u ya ku vezela izizwe ukwahlulela.
2 A ka yi kumemeza, a ka yi ku pakamisa izwi lake, nokulizwakalisa endhleleni.
3 Uhlanga olufecekileyo a ka yi ku lwapula, nempokwe yesibani e tunqayo a ka yi ku i cima: u ya kuveza ukwahlulela ngeqiniso.
4 A ka yi ku dangala a pelamandhla, ku ze a mise ukwadhlulela emhlabeni: neziqingi zi ya kuhlalela umteto wake.
5 U tyo njalo uTixo uJehova, yena owa dabula izulu, wa lendhlala; yena oweneka umhlaba, na loko okuvela kuwo; yena o nika ukupefumla kubantu aba pezu kwawo, nomoya kubo aba hamba pezu kwawo.
6 Mina Jehova ngi ku bizile ngokulunga, ngi ya kubamba isandhla sako, ngi ku gcine, ngi ku pe u be uvumelwano kubantu, u be ukukanya kwezizwe.
7 U vule amehlo ezimpumpute, u kipe izibotywa etilongweni, nabahlezi ebumnyameni endhlini yezibotywa.
8 Ngi nguJehova: i lelo igama lami: a ngi yi kunika ubukosi bami komunye, nokubongeka kwami ezitombeni ezibaziweyo.
9 Bheka izinto zokuqala se zi bonakele, se ngi shumayeza izinto ezintya: zi nga ka veli ngi ni tyela zona.
10 Hubelani uJehova ihubo elitya, nokubongeka kwake ku ze ku be emkaulweni womhlaba, nina enehlela elwandhle, nako konke oku kulo; neziqingi nabake kuzo.
11 Ihlane nemizi yakona ma i pakamise izwi kanye, nemizi abahlala kuyo aba kwaKedari: abake eSela ba hlabelele, ba memeza esicongweni sezintaba.
12 Ma ba dumise uJehova, ba tyo ubukulu bake eziqingini.
13 uJehova u ya kupuma njengonamandhla, a vuse umona njengomuntu wokulwa: u ya kumemeza, a bangalase; a zahlule izita kuye.
14 Se ku isikati eside ngi tulile: nga ti nya, ngi zibambile: kaloku ngi ya kukalisa komfazi o beletayo; ngi ya kububisa ngi qede kanye.
15 Ngi ya kuqwatisa izintaba nezinkalo, ngi tyise izimilo zazo zonke; ngi ya kupendula imifula i be iziqingi, ngenze amacibi ukuba a tye.
16 Ngi ya kuhambisa izimpumpute ngendhlela ezingayaziyo; ngi zi hole ngezindhlela ezi nga zazanga: ngenze ubumnyama bu be ukukanya pambi kwazo, nokunsongensonge ku qonde ntse. Ngi ya kuzenzela kona loku, a ngi yi ku zi shiya.
17 Ba ya ku buyiselwa emva, ba jabe kakulu, aba temba izitombi ezibaziweyo, aba tyo ezitombeni ezincibilikisiweyo ukuti, Ni ngotixo betu.
18 Yizwani, nina zitulu; nani zimpumpute, bhekani, ukuze ni bone.
19 Ubani o impumpute, a si yo inceku yami na? Ubani o isitulu, njengesitunywa sami engi si tumayo na? Ubani o impumpute njengaye opeleleyo na? o impumpute njengenceku ka Jehova na?
20 U bona okuningi, kepa a u bonisisi, izindhlebe zi vulekile, kepa a u zwisisi.
21 uJehova u ya tokoza ngokulunga kwake; u ya kudumisa umteto wake, u wenze u bongeke.
22 Kepa laba ba ngabantu abapangwayo ba qedwa; bonke ba ya tiywa ngemigibe, ba tukuswe ezindhlini zokubopela; ba into yokupangwa, a kuko obakululayo; ba into e nyatelwa, a muko o tyoyo, ukuti, Buyisa.
23 Umupi kinina o ya kubeka indhlebe kuloku na? Umupi o ya kulalela e zwa isikati esizayo na?
24 Ubani owa m nikela uJakobe a be into yokupangwa, naye uIsraeli emaseleni na? Kwa ku nge siye uJehova, yena esonile ngakuye na? ngokuba a ba vumanga ukuhamba ngezindhlela zake, be nga laleli umteto wake.
25 Ngaloko u telile pezu kwake ukufuteka kolaka lwake, namandhla okulwa: kwa vuta umlilo ngakuye, kepa a kwazanga; kwa m tyisa, noko a ka nakekelanga.

## ISAHLUKO 43.

KEPA manje uJehova okwenzileyo wena, Jakobe, no wa bumba wena,

Israeli, u tyo loku ukuti, U ngesabi: ngokuba ngi ku hlaulele, nga ku biza ngegama lako; u ngo wami.
2 Lapo u hamba emanzini, ngi ya kuba nawe; na semifuleni, a i yi kuba nako ukukutyonisa: lapo u dhlula emlilweni, u nga tyi, nelangabi li nga vuti pezu kwako.
3 Ngokuba ngi nguJehova uTixo wako, ngi ngo ingcwele ka Israeli, umsindisi wako: nga ku hlaulela ngEgipite, na ngEtiopia neSeba.
4 Loku wa u igugu emehlweni ami, wa u odumileyo, ngi ku taudile: ngi ya kunikela abantu ngawe, nezizwe ngokupila kwako.
5 U ngesabi, ngokuba ngi nawe: ngi ya kuleta inzalo yako i sempumalanga, ngi ku bute na sentyonalanga u ze lapa;
6 Ngi ya kutyo kuyo inyakato ukuti, Ba dedela; na kuyo iningizimu, U nga ba bambi: Letani amadodana ami a kude, namadodakazi ami a semikaulweni yomhlaba;
7 Ngi tyo lowo na lowo o bizwa ngegama lami: ngokuba ngi menzele ukuba udumo lwami, nga m dabula; nga menza.
8 Sondezani izipumpute ezi namehlo, nezitulu ezi nezindhlebe.
9 Ma zi butelwe ndawonye zonke izizwe, nabantu ba hlanganiswe: u mupi kubo o nga tyo loku, a si bonisa okuzayo na? ma ba veze ofakazi babo, ukuba ba tetelelwa: ma bezwe, ba ti, Ku iqiniso.
10 Nina ni ofakazi bami, a tyo uJehova, nenceku yami engi yi ketileyo; ukuba ni ngazi ni kolwe kimi, ni zwe ukuba ngi nguye: ngapambili kwami, ka bonanga kwenziwe uTixo noyedwa, na ngasemva kwami a ku sa yi kuba kona namunye umsindisi.
11 Imina ngi nguJehova; ngapandhle kwami a kuko namunye umsindisi.
12 Ngi tyilo, nga sindisa, nga zwisa, si nga ka biko isitixo nasinye pakati kwenu: ngako ni ngofakazi bami bokuti ngi nguTixo, u tyo uJehova.
13 Yebo, lu nga ka bi ko usuku ngi nguye; ka ko o nga kulula esandhleni sami: ngi ya kusebenza, ubani o nga ku kalimayo na?
14 U tyo loku uJehova, umhlauleli wenu, o ingcwele kaIsraeli ukuti: nga tuma eBabulona, ngenxa yenu, ngapula imivalo yakona, namaKaldi, e ukukala kwawo ku semikunjini.
15 Ngi nguJehova, o ingcwele wa kini, umenzi wa kwaIsraeli, inkosi yenu.
16 U tyo loku uJehova, o yenza indhlela elwandhle, nomzila emanzini amakulu.
17 O kipa inqola yokulwa, nehashi, nempi, namandhla; ku ya kulala kanye, a ku sa yi kuvuka: ku pelile nya, ku cinyiwe njengenkondhlwane.
18 Ni nga kumbuli okudhlulileyo, ni nga zindhli izinto zendulo;
19 Bhekani, ngi ya kwenza into entya; i ya kuvela kaloku; a ni yi ku yazi na? Ngi ya kuyenza indhlela ehlane, nemifula obala.
20 Isilwane sa sendhle si ya kuugidumisa, namadrako nezintye: ngokuba ngi veza amanzi ehlane, nemifula obala, ukupuzisa abantu bami, abaketiweyo.
21 Lababantu ngi zenzele mina; ukuba ba bonakalisa udumo lwami.
22 Kepa wena, Jakobe, a u kolwanga kimi; wa dinwa yimi, Israeli.
23 A u ngi ziselanga amazinyane omhlambi a be umnikelo wokutya; a u ngi dumisanga ngemihlatyelo yako. A ngi ku cindezelanga ukuba u ngi konze ngomnikelo, a ngi ku katazanga ngempepo.
24 A u ngi tengelanga ngemali umhlanga wamaka, a u ngi kolisanga ngamafuta emihlatyeleyo yako: kepa u ngenzile ngi twale izono zako, wa ngi kataza ngokungalungi kwako.
25 Imina, ngi nguye mina, o sula izeduko zako ngenxa yami, a ngi sa yi ku kumbula izono zako.
26 Ngi kumbuza, ma sahlulelane: yityo wena ukuba u tetelelwe.
27 Ukoko wako wona, nabafundisi bako ba dukile kimi.
28 Ngaloko ngi zonakalisile izikulu zobungcwele, ngi nikile uJakobe ekuqalekiseni, uIsraeli ekutukeni.

## ISAHLUKO 44.

KEPA manje yizwa, Jakobe nceku yami; Israeli e ngi ku ketileyo:
2 U tyo loku uJehova owa kwenza, nowa ku bumba esiswini, o ya kukusiza, ukuti; U ngesabi, Jakobe, nceku yami; wena, Jeshuruni, e ngi ku ketileyo.
3 Ngokuba ngi ya kutela amanzi pezu kwake owomileyo, nesikukulu emhlabatini owomileyo: ngi ya kutela umoya wami pezu kwenzalo yako, nokubusisa kwami pezu kwabantwana bako.

4 Ba ya kuhluma pakati kohlaza, njegeminyezane nga semfuleni.
5 Omunye u ya kuti, ngi ngoka Jehova; nomunye u ya kuzityo igama lika Jakobe: nomunye a zityo ngokuloba ukuti u ngoka Jehova, nomunye u ya kuzityo u ngowohlanga lu ka Israeli.
6 U tyo loku uJehova inkosi ka Israeli, nomhlengi wake, uJehova wamabandhla, ukuti; ngi ngowokuqala, nowokupela; a kuko naTixo ngapandhle kwami.
7 Ubani o nga biza, njengami, a ku tyo, a ngi hlelele, loku nga misa abantu bendulo na? loku okuzayo, noku ya kuza, ma ba ku bonakalisa kubo.
8 Ni ngesabi, ni nga bi naluvalo: a ngi ku tyelanga ini ngalesosikati, nga memezela ngako na? nina ni ngofakazi bami. Ku kona ini uTixo omunye ngapandhle kwami? ea, a kako: a ngi mazi namunye.
9 Abenza izitombe ezibaziweyo ba ize bonke; nezinto zabo ezitandekayo a zi nakusiza zi ya zifakazela zona; a zi boni, a zi nakwazi; ukuze ba be namahloni.
10 Ubani o senzile isitixo, nokuba isitombe esincibilikisiweyo noma esibaziweyo, esi nge nakusiza ngaluto na?
11 Bheka, bonke aba kanye naye ba ya kuba namahloni: nezisebenzi, zi ngabantu: ma ba butelwa ndawonye be me: ba ya kwesaba, ba jabe kanye.
12 Umkandi u ya sebenza emalahleni ngodhlau, a ku lungisa ngesando, a sebenze ngamandhla ezingalo zake: yebo, u lambile, a pela amandhla ake: ka puzi manzi, a pela amandhla.
13 Umbazi u yelula intambo yake; a u dweba ngentambo: a u lungisa ngezibazo, a u linganisa ngokompasi, a wenze umfanekiso womuntu njengobuhle bomuntu; ukuba u hlale endhlini.
14 U ya zigaulela imikoba, a tate irimoni nomkoba, a yenza i be namandhla ngokwake pakati kwemiti yehlati: u ya tyala ioreni, imvula i londhle.
15 Kona li ya kuba iko umuntu u ya kubasa ngako: ngokuba u ya kuteza kulo, a wote; yebo, u ya basa ngalo, a peke isinkwa; yebo a senze isitixo, a si dumise; a senze isitombe esibaziweyo ngalo a zikotamela nga kuso.
16 A tyise ucezu lwalo ngomlilo; na ngocezu lwalo a dhle inyama; ose nokosa a sute: yebo, u ya zifudumeza a ti, Ehe, se ngi fudumele, ngi bonile umlilo.
17 Nensali yalo u yenza i be isitixo, isitombe esibaziweyo sake: a kotamele kuso, a si dumise, a kuleke kuso, a ti, Ngi sindise; ngokuba u isitixo sami.
18 A ba zanga, a ba qondanga: ngokuba u valile amehlo abo, ukuba ba nga boni; nezinhliziyo zabo ukuba ba nga qondi.
19 A muko namunye o qonda enhliziyweni yake, a ku nakwazi; nakuqonda kokuti, ngi tyisile ucezu lwalo emlilweni; yebo, ngi pekile isinkwa emalahleni alo; ngosile inyama, ngi dhlile: imbala ngi nga tata insali yabo ngenze okuzondekile ngayo na? ngi nga kotamela okwamuti na?
20 U ya dhla imilota; inhliziyo ekohlisiweyo i ni dukisile, ukuba a ka nako ukusindisa umpefumlo wake, nokuti, A ku ko ini amanga esandhleni sami sokunene na?
21 Kumbula lezizinto, Jakobe, wena Israeli; ngokuba wena u inceku yami: ngi kwenzile; u inceku yami: O Israeli, a u yi kukohlwa imi.
22 Ngi sulile izeduko zako zesuke, njengefu elikulu, nezono zako, njengefu: Buyela kimi; ngokuba ngi ku hlengile.
23 Hlabelelani, mazulu; ngokuba uJehova u kwenzile: hubani nina zindawo zomhlaba ezipansi: tatelani ni hlabelele nina zintaba, nawe hlati, nemiti yonke e pakati kwako: ngokuba uTixo u hlengile uJakobe, wa zidumisa ngoIsraeli.
24 U tyo loku uJehova, umhlengi wako, yena owa ku bumba esiswini, ngi nguJehova o kwenza konke: oweneka izulu yedwa; oweneka umhlaba ngokwake;
25 O eita izibonakaliso zabaqamba manga, o zenza izanusi zi hlanye; o buyisa emva abahlakanipileyo, enze ukwazi kwabo ku be ubuula;
26 O qinisa izwi leneeku yake, a feze izwi lezitunywa zake o tyoyo kulo iJerusalema ukuti, U ya kuba nabantu; na kuyo imizi ya kwaJuda, ni ya kwakiwa, ngi ya kuvusa okueitekileyo kwa kona:
27 O tyoyo emanzini amaningi, Yityo, nokuti ngi ya kutyisa imifula:
28 O tyo ngoKurosi, U ngumalusi wami, u ya kwenza konke okwentando yami, e ti kulo iJerusalema, U ya kwakiwa; na kulo itempeli, Ku ya kubekwa isisekelo sako.

## ISAHLUKO 45.

U TYO loku uJehova kogcotyiweyo wake, kuKurosi, isandhla sake sokunene ngi si qinisile, sokunqoba izizwe pambi kwake; ngi ya kuxekisa izinkalo zamakosi, ukumvulela iminyango e nezicaba ezibili; neminyango i nga bi sa i valwa;
2 Ngi ya kuhamba ngapambili kwako, ngenze okunsongesonge ku qonde ntse: ngi ya kwapula izivalo zetusi, ngi nqume imivalo yensimbi:
3 Ngi ya kunika amagugu a sebumnyameni, nemfuyo e fihliwe ezindaweni ezisitekileyo, ukuze wazi ukuba mina, Jehova, e ngi ku biza ngegama lako, ngi nguTixo ka Israeli.
4 Ngaye uJakobe inceku yami, ngo-Israeli oketiweyo wami, ngi ku bizile ngegama lako: ngi ku bize ngegama elihle, nokuba u nga ka ngazi.
5 Ngi nguJehova, a kuko omunye, a muko uTixo ngapandhle kwami: nga ku bincisa mina, nokuba u nga ka ngazi:
6 Ukuba bazi aba sempumalanga, nabasentyonalanga, ukuba a kuko ngapandhle kwami. Ngi nguJehova a muko omunye.
7 Ngi yenza ukukanya, ngenze nobumnyama: ngenze ukutula, ngenze nokubi: Mina Jehova ngi kwenze konke loko.
8 Yehlisani nina mazulu, namafu ma ku ne ukulunga: umhlaba ma u vuleke ku ze ku vele ukusindisa nokulunga ku mile ndawonye; mina Jehova ngi kwenzile loku.
9 Wo kuyena o melana noMenzi wake! Udengezi ma lu melane nezindengezi za lomhlaba. Ibumba li ya kutyo ini kolibumbayo ukuti, Wenzani na? nomsebenzi wako u tyo, U nezandhla na?
10 Wo kuye o tyo kuyise ukuti, U zalani na? noma kumfazi ukuti, U beleteni na?
11 U tyo loku uJehova, o ingcwele ka Israeli, uMenzi wake, ukuti, Ngi buze ngezinto ezizayo ngamadodana ami, ni ngi yaleze ngomsebenzi wezandhla zami.
12 Ngi wenzile umhlaba, nomuntu pezu kwawo: izulu lelulwe imina, ngezandhla zami, namabandhla onke alo ngi wa yalezile.
13 Ngi m kulisile ngokulunga, ngi ya kuhlela zonke izindhlela zake: yena u ya waka umuzi wami, a kulule izibotywa zami, ku nga bi ngenxa yenkokelo nenzuzo, u tyo uJehova wamabandhla.
14 U tyo loku uJehova, umsebenzi wa sEgipite, nentengo ya sEtiopia ne yamaSabea, abantu aba zimukileyo, ba ya kuza kuwe, ba be ngabako: ba ku landele; ba fike be botywe ngamaketanga ba ku kotamela, ba kuleke kuwe, be ti, Ku qinisile uTixo u nawe; a muko omunye, uTixo a muko.
15 Impela wena u nguTixo o zitukusayo, O Tixo ka Israeli o ngumsindisi.
16 Ba ya kujaba, ba dinge bonke: nabenze izitombe ba nyakazele kanye kanye.
17 Kepa uIsraeli u ya kusindiswa kuJehova ngokusindisa okupakade: a ni yi kujaba a ni yi kuhlazeka ku ze ku be pakade.
18 Ngokuba u tyo loku uJehova o wenza amazulu; uTixo yena owa lungisa umhlaba wa wenza; wa u misa yena, a ka wenzelanga ize, wa u lungisela ukuba ku hlalwe kona: mina ngi nguJehova: akako omunye.
19 A ngi kulumile mina ngasese, endaweni emnyama yomhlaba: A ngi tyongo kuyo inzalo ka Jakobe ukuti, Ngi fumene ngeze: Mina uJehova ngi kuluma ukulunga, ngi yaleza izinto ezifaneleyo.
20 Butanani ni ze, ni hlangane ndawonye, nina e ni punyuke ezizweni: a ba nakwazi bona aba misa umuti wezitombe zabo ezibaziweyo, be tandaza kuso isitixo e si nge nakusindisa.
21 Ba tyeleni, ni ba sondezi: yebo, ma ba kulume bodwa: ubani o ku tyilo loku kwa pakade na? ubani o ku kulumileyo ku suke ku lesosikati na? a ngi uye mina uJehova na? e ngeko omunye uTixo ngapandhle kwami na; uTixo olungileyo nomsindisi; a kako omunye ngapandhle kwami.
22 Bhekani kimina, ni sindiswe nina, zinhlangoti zonke zomhlaba; ngokuba mina ngi nguTixo, a kako omunye.
23 Ngi zifungile mina, izwi li pumile emlonyeni wami ngokulunga, a li i ku buya, Ukuba bonke ma ba kotamele mina, nezilimi zonke zi funge.
24 Impela, omunye u ya kuti, amandhla nokulunga ngi wa tola kuJehova: nabo bonke ba fikele yena; nabo aba m cunukelayo ba jabe.
25 Inzalo yonke ya kwaIsraeli i ya kulungiswa kuJehova, i be nodumo.

## ISAHLUKO 46.

UBELE u ya kotama, noNebo u ya zitoba, izitombe zabo za zi pezu kwezilwane, na pezu kwezinkomo: izincwele zenu za zi twele kakulu; za ba inkatazo ezilwaneni ezikateleyo.

2 Zi ya kotama, zi ti fofololo ndawonye: za hluleka ukuzikulula kuwo umtwalo, zemuka kwelakubo zi tunjiwe.

3 Ngi laleleni nina ndhlu ka Jakobe, nensali yonke yendhlu ka Israeli, e ngi ni belete kwa sesiswini, nga ni kulula na sesizalweni:

4 No ze ni guge ngi se nguye; no ze ni be mpunga ngi ni twele: Ngenzile, ngi ya kutwala; yebo ngi ya kutwala, ngi ni sindise.

5 Ni ya kungifanisa na mupi na? ni ngenze ngi be njengani na? ni ngi linganise nobani, ukuba si fane na?

6 Ba bidhliza igolide esikwameni, ba linganisa isiliva esikalweni, ba kokela nenyanga yegolide; nayo i lenza li be isitixo: ba kotameke bona ba dumise.

7 Ba m twala emahlombe, ba m tata ba m beka endaweni yake, naye u yema; a nga be sa suka endaweni yake: yebo, omunye a kale kuyena, a nga bi nakupendula kodwa yena, a m size enhlupekweni yake.

8 Kumbulani loku, ni zenze amadoda: ni ku cabangele futi, nina boni.

9 Kumbulani izinto za kuqala; ngokuba mina ngi nguTixo, a kako omunye; mina ngi nguTixo, a kako o fana nami.

10 Ngi tyo ekuqaleni oku ya kuba kona ekugcineni, na sekadeni ngi zi tyo izinto ezi nga kenzeki, ngi ti, Isiyalezo sami si ya kuma, ngenze konke e ngi ku tandayo:

11 Ngi memeza inyoni ehahayo empumalanga, umuntu o si fezayo isiyalezo sami ezweni elikude; yebo, ngi ku tyilo, ngi ya kukufeza futi; ngi ku cabangile, ngi ya kukwenza.

12 Lalelani mina, nina banhliziyo zi lukuni, eni kude nokulunga:

13 Ukulunga kwami ngi ya kusondeza; a ku i kuba kude, nensindiso yami a i ku libala: ngi bekele iIsraeli insindiso eZioni udumo lwami.

## ISAHLUKO 47.

YEHLA, u hlale otulini, wena ntombi ka Babulona, hlala emhlabatini: a siko isihlalo sobukosi, wena ntombi yamaKaldi: ngokuba a u sa i ku bizwa ngokuti u butakataka.

2 Bambani amatye, ni gaye impupu: wambule ikanda, u veze izito, ku bonakali umlenzi, u wele imifula.

3 Ubuze benu bu ya kuvela obala, yebo, ihlazo lenu li bonakale: ngi ya kupindisa, ngi nga hlangani nawe njengendoda.

4 Kepa igama lomsindisi wetu li ngu-Jehova wamabandhla, o ingcwele ka Israeli.

5 Hlala u tule, u zifake ebumnyameni, wena ntombi yamaKaldi: ngokuba a u sa i ku bizwa ngokuti, Inkosikazi yemibuso.

6 Nga ba tukutelela abantu bami, nga li ngcolisa ifa lami, nga ba nika esandhleni sako: nawe a u benzelanga umusa; nabadala wa ba sindisa kakulu ngejokwe lako.

7 Wa ti wena, Ngo ba inkosikazi njalo njalo: u nga zi cabangeli lezi zinto enhliziyweni yako, u nga ku kumbuli nokugcina kwazo.

8 Manjeke yizwa loku, wena o ziponsileyo enjabulweni, no hlezi ngokungakatali; o ti enhliziyweni, ngi kona, ngi ngedwa; a ngi i ku hlalisa o kwedikazi, nokufelwa abantwana a ngi i ku ku bona.

9 Kodwa loku kokubili ko ni fikela ngosuku lunye, ukufelwa abantwana, nobudikazi: ku ya kunifikela ngokupeleleyo ngenxa yobuningi bobubi benu, nobungoma benu.

10 Ngokuba u tembile ebubini bako: wa ti, A ngi bonwa muntu. Ukuhlakanipa nokwazi kwako, ku konile; wa ti enhliziyweni yako, ngi kona, akako omunye ngapandhle kwami.

11 Ngako ububi bu ya kukufikela; u nga boni na lapo bu puma kona: u fikelwe izinhlupeko; u nga be u sa ba namandhla nokuzisusa: nencitakalo i ku fikele masinyane, ongayaziyo.

12 Yimake nemilingo yako, nobuningi bobunusi bako, o sebenze ngabo kwa sebutyeni; ku bonakaleke uma u ya kusizeka, nokuba u ya kupelela iloko na?

13 U katele ngobuningi bamacebo ako. Ma ba suke manje aba bheka izulu, nezinkanyezi, naba bala ngenyanga, beme ba ku sindise ku loku oku ya kukufikela.

14 Bheka, ba ya kuba njengezi-

mpande; umlilo u zityise; a ba i ku
zikulula emandhleni elangabi: li nga
biko ilahle lokota, nomlilo woku wu
hlalela.
15 Ba be njalo kuwena bona o sebenze
nabo, ebutyeni bako, abatengi bako; ba
zule i lowo kwe yake indawo; u nga
sindiswa muntu.

## ISAHLUKO 48.

YIZWANINI loku, nina bendhlu ka
Jakobe, e ni bizwa ngokuti uIsraeli,
ni puma emanzini a kwaJuda, eni funga
ngegama lika Jehova, ni kuluma ngo-
Tixo ka Israeli, kodwa ku nge ngeqi-
niso, nokulunga.
2 Ngokuba ba zibiza ngomuzi, o
ingcwele, be zisekela ngoTixo ka Isra-
eli; uJehova wamabandhla li igama
lake.
3 Ngi ku tyilo okwenzekileyo kwa
sekuqaleni; kwa puma emlonyeni wa-
mi, nga ku bonisa; nga ku tyetyisa,
kwenzakala.
4 Ngokuba be ngazi ukuti u lukuni,
nentamo yako i ngumsipa wensimbi,
nobuso bako bu itusi;
5 Ngi ku tyelile loku kwa sekuqaleni;
nga ku kombisa ku nga kenzeki: funa
u ti wena, Kwenziwe isitombe sami, ne-
sibaziweyo, ne sebumba, ba ku yaleza.
6 U su zwile, bheka konke loku; a u
yi ku ku memeza na? Ngi ku kombisile
okutya kwa namuhla, ne be ku sitekile,
o be u nga kwazi.
7 Kwenziwe namuhlanje, ku nge se-
kuqaleni; lu nga ka fiki nosuku loku-
ngezwa kwako; funa u ti wena, Bheka,
be ngi kwazi.
8 Impela a u zwanga; impela u bu
ngazi; impela ya i nga vulekanga
indhlebe yako: ngokuba be ngazi ukuba
u ya kukohlisa kakulu, u bizwa ngokuti
umkohlisi kwa sekuzalweni.
9 Ngenxa yegama lami ngo bambe-
zela ulaka lwami, na ngokubongeka
kwami ngi zibambe ngawe, ukuze ngi
nga ku nqumi.
10 Bheka, ngi ku hlanzisile, ku nge
ngesiliva kodwa; ngi ku ketile eziko
lenhlupeko.
11 Ngenxa yami, yebo ngenxa yami,
ngi ya kwenza: ngokuba igama lami li
ngoniwa kanjani na? a ngi i ku nika
omunye udumo lwami.
12 Lalelani mina, Jakobe noIsraeli,
ngi ni bizile; ngi nguye, ngi ngo woku-
qala, ngi ngowokugcina futi.
13 Isandhla sami si si bekile isisekelo
somhlaba nesandhla sami sokunene si
linganise izulu: lapo ngi ku bizayo,
ku ma ndawonye.
14 Butanani, nina nonke, ni zwe, um-
upi kubona o ku tyilo loku na? uJehova
u m tandile yena: u ya kwenza a ku
tandayo pezu kweBabulona, nomkono
wake u ye kuba pezu kwamaKaldi.
15 Imina, imina, o kulumileyo, yebo
ngi m bizile: ngi m letile a lungise
indhlela yake.
16 Sondelani kimina, ni ku zwe loku;
a ngi nyenyezanga kwa sekuqaleni; ku
suke ku lesosikati, ngi lapo: na manje
uJehova uTixo, nomoya wake, u ngi
tumile.
17 U ti uJehova, umkululi wako, o
ingcwele ka Israeli; mina ngi nguJe-
hova uTixo wako o ku fundisa inhla-
nhla, o ku hola ngayo indhlela o nga u
hamba ngayo.
18 Sengati nga u i lalelile imiteto
yami! ukutula kwakoke kwa ku ya
kuba njengomfula, nokulunga kwako
njengamaza olwandhle:
19 Nenzalo yako i be ngangesihlabati,
nokupuma ematunjini ako njengama-
tyana: igama lake nga li nga nqu-
nywanga la bulawa ngapambi kwami.
20 Pumani eBabulona, ni balekele
amaKaldi, ngezwi lokuhlabelela yale-
zani, ni tyo loku, ni ku tyo na sekugci-
neni komhlaba; ni ti, uJehova u i ku-
lulile inceku yake uJakobe.
21 Ka bomanga lapo e ba hola ehlane:
wenza ukuba amanzi a ba pumela ema-
tyeni: wa fohloza itye futi, namanzi a
mpompoza.
22 A kuko ukutula kwababi, u tyo
uJehova.

## ISAHLUKO 49.

LALELANI mina, nina ziqingi: ni
lalele, nina bantu, ba kude: uJe-
hova u ngi bizile esizalweni; wa pata
negama lami ngi sematunjini ka mame.
2 Nomlomo wami wa wenza wa nje-
ngenkemba ebukali; wa ngi tukusa
esitunzini sesandhla sake, wa ngenza
umcibityelo o kanyisiweyo; wa ngi
tukusa eikeni lake;
3 Wa ti kimi, Ngi inceku yake, mina
Israeli, a ya kudunyiswa ngayo.
4 Nga se ngi ti mina, nga sebenzela
ize, amandhla ami ngi wa citile ngeze:
noko ukwahlulela kwami ku kuJehova
impela, nomsebenzi wami u kuTixo
wami.

5 Manjeke, u ti uJehova owa ngenza na sesizalweni ngi be inceku yake, yokubuyisela uJakobe kuyena futi, Noma uIsraeli e nga butene, mina ngi ya kudumiseka emehlweni kaJehova, noTixo wami a be ngamandhla ami.

6 Wa ti yena, Ku into elula ukuba u be inceku yami yokuvusa isizwe sa kwaJakobe, nokubuyisela abaseleyo ba kwaIsraeli; ku nika futi u be ukukanya kwabezizwe, u ze u be ukusindisa kwami na sekugcineni komhlaba.

7 U tyo loku uJehova umkululi ka Israeli no ingcwele wake, kuye o zondwa umuntu, na kuye o zondwa izwe, kuyo inceku yababusi, Amakosi a ya kubona a vuke, namakosana a ya kudumisa, ngenxa ka Jehova omayo njalo, no ingcwele ka Israeli, naye a kete wena.

8 U tyo loku uJehova, nga ku zwa ngesikati esifaneleyo, nga ku siza na ngosuku lwensindiso: ngo ku londoloza, ngi ku nike u be isivumelwano kubantu, ukukulisa umhlaba, nokubenzela ifa aba zindhlu zi citekile;

9 Ukuze u tyo kwaba izibotywa, ukuti, Pumani; na kwaba sebumnyameni, Zi vezeni. Ba ya kudhla emigwaqweni, namadhlelo abo a be sezindaweni ezipakemeyo.

10 A ba i ku lamba bome; ba nga bulawa ukufudumala nelanga: ngokuba yena o nomusa kubona wo ba hola, a ba holele na semitonjeni yamanzi.

11 Ngenze zonke izintaba zami zi be indhlela, nemigwaqo yami i pakame.

12 Bheka, laba ba ya kuvela kude; yebo, ngasenyakato na ngasentyonalanga; na laba ezweni la seSinimi.

13 Hlabelelani, nina mazulu; u jabule, nawe mhlaba; ni pumisele ngezihlabelelo, nina zintaba; ngokuba uJehova u ba duduzile abantu bake, a be nomusa kwabahlupekileyo bake.

14 Kodwa iZioni la ti uJehova u ngi delile mina noJehova wami u ngi kohlile mina.

15 Owesifazana a nga m kohla ini umntwana wake o ncelayo na, a nga i dabukeli nendodana yenzalo yake na? yebo, ba nga kohla bona, kodwa mina ngi nge ni kohlwe nina.

16 Bheka, ngi ku lobile ezitendeni zezandhla zami; izindonga zako zi pambi kwami njalo.

17 Abantwana bako ba ya kutyetya; ababulali bako, nabo aba ku citileyo ba ya kukupumela.

18 Lulamisa amehlo ako, u bheke: bonke laba ba ya butana, ba fike kuwe. U tyo uJehova, ngokupila kwami, impela u ya ku zi gqokisa kubo bonke, njengesivunulo, u ba bope kuwena, njengomlobokazi.

19 Ngokuba izindawo zako ezicitekileyo nezwe lencitakalo yako, i ya kuba ingcingwana ngenxa yabantu, nabo aba ku gwinyayo ba ya kuba kude kakulu.

20 Abantwana o ya ku ba zala, se be file abanye, ba ya kutyo futi ezindhlebeni zako be ti, Lendawo i ngi nyinyile: ngi nika indawo ukuba ngi hlale kona.

21 U tyoke wena enhliziyweni yako u ti, Ubani o ngi zalele laba, njengaloku ngi lahlekelwa abami abantwana, ngi hlezinje, ngi isibotywa, ngi zulazula njalo? ubani o zele laba na? Bheka, nga ngi sele ngedwa; laba, ba bepi bona na?

22 U tyo loku uJehova uTixo, Bheka, ngo pakamisa isandhla sami kwabezizwe, ngi mise isimiso sami kubantu: ba lete amadodana ako emikonweni yabo, namadodakazi abo a twalwe emahlombe abo.

23 Namakosi a be abondhli bako, namakosikazi abo a be abondhli bako: ba ya kukukotamela ngobuso emhlabatini, ba kote notuli lwezinyawo zako; nawe wazi ukuba ngi nguJehova; ngokuba a ba i ku jaba aba ngi hlalelayo.

24 Impango i ya kususwa kwabanamandhla na, nesibotywa esonileyo si kululwe na?

25 Kodwa u tyo loku uJehova, Nezibotywa zabakulu zi ya kususwa, nempango yabasabekayo i nikelwe; ngokuba mina ngo ku lwa naye olwayo nawe, ngi sindise abantwana bako.

26 Ngi dhlise bona abakuhlupayo ngenyama yabo; ba dakwe igazi labo, njengewaini elitya: nabo bonke ngi bazise ukuba mina Jehova ngi ngumsindisi wako nomkululi wako, o namandhla ka Jakobe.

ISAHLUKO 50.

U TYO loku uJehova, Ipi incwadi yesahlukaniso sika nyoko, e ngi m lahlileyo na? Umupi e ngi necala kuyena e ngi m tengisele wena na? Bheka, ni zi tengisele nina ngenxa yezono zenu, na ngenxa yobubi benu unyoko u susiwe.

2 Ngako, ekufikeni kwami, kwa ku ngeko ndoda na? ekubizeni kwami, wa

e ngeko opendulayo na? Isandhla sami
se si futyane, si nge kulule na? a ngi
se namandhla ukusindisa na? bheka,
ngezwi lami ulwandhle lu ya tya, nge-
nze imifula i be ugwadule: izinhlanzi
zayo zi ya nuka, ngokuba a kuko ma-
nzi, zi ya fa ukoma.
3 Ngi gqokisa amazulu ngobumnyama,
ngenze isibekelo sawo ngendwangu ya-
masaka.
4 uJehova uTixo u ngi nikile ulimi
lwabafundileyo, ukuba ngi ze ngi kulu-
me izwi ngesikati esifaneleyo kuye oka-
teleyo: u vuka kusasa njalo, u vusa
indhlebe yami ukuba ngi zwe njengofu-
ndileyo.
5 uJehova uTixo u i vulile indhlebe
yami, nami a ngi hlubukanga, ngi bu-
yela emva.
6 Abatyayi nga ba vezela umhlana
wami, nezihlati zami kubo aba ngi
hlwita izinwele: a ngi bu tukusanga
ubuso bami kulo ihlazo namate.
7 Ngokuba uJehova uTixo u ya ku-
ngi siza; ngako a ngi i kujaba: ngako
ubuso bami ngi bu mise njengetye, ngi
yazi ukuba a ngi i ku jaba.
8 U seduze yena o ngi melayo; ubani
o ngalwa nami na? ma si me ndawonye:
ubani o ngi mangalelayo? ma ka sonde-
le kimina.
9 Bheka, uJehova uTixo wo ngi siza;
ubani o nga ngi lahlayo na? yebo, ba
ya kuguga bonke njengengubo; ba
dhliwe izinyundu.
10 Ubani kinina omesabayo uJehova,
o lalela izwi lenceku yake, o hamba ebu-
mnyameni, e nge nakukanya na? ma ka
tembe egameni lika Jehova; a zisekele
kuTixo wake.
11 Bhekani, nina nonke aba pemba
umlilo, na ba zihaqa ngezinhlansi: ha-
mbani ekukanyeni komlilo wenu, no-
kwezinhlansi eni zi pembileyo. Loku
ni ya kukwamukela kwe sami isa-
ndhla; ni ya kulala pansi ngenhlu-
peko.

## ISAHLUKO 51.

LALELANI mina, nina eni hambela
ukulunga, nina eni funa uJehova:
bhekani kulo itye eni nqetyulwa kulo,
nomgodi e ni mbiwe kuwo.
2 Bhekani kuAbehama uyihlo wenu,
na kuSara o ni zeleyo; ngokuba nga m
biza yedwa, nga m busisa, nga mandisa.
3 Ngokuba uJehova u ya kududuza
iZioni: a duduze zonke izindawo zalo ezi
citekeleyo; enze ihlane lalo li be njenge-
Edene, nemfunda yalo njengensimu ka
Jehova; injabulo nokutokoza ko tolwa
kona, ukubonga, nezwi lokuhlabelela.
4 Ngi zweni, bantu bami; ni ngi be-
kele indhlebe, nina sizwe sami: ngo-
kuba umteto wo vela kimi ngenze ukwa-
hlulela kwami ku be ukukanya kuba-
ntu bami.
5 Ukulunga kwami ku seduze: insin-
diso yami i pumile, nemikono yami i ya
kwabela abantu bami; iziqingi zi ya ku-
hlalela mina, zetembe ko wami umkono.
6 Lulamiselani amehlo ezulwini, ni
wu bheke umhlaba pansi: ngokuba ama-
zulu a ya kunyamalala njengomusi,
nomhlaba u guge njengengubo, nabo aba
hlezi kona ba fe njengaloko: kodwa
insindiso yami i ya kuma njalo njalo,
nokulunga kwami ku nga peli.
7 Lalelani mina, nina eni kwaziyo
ukulunga, abantu aba nomteto wami
ezinhliziyweni zabo; ni nga kwesabi
ukucunula kwabantu, nezituko zabo.
8 Ngokuba inyundu i ya kubadhla
njengengubo, nomsundu u ba dhle nje-
ngoboya bemvu: kodwa ukulunga kwa-
mi ku ya kuma njalo njalo, nensindiso
yami ezizukulwaneni ngezizukulwane.
9 Vuka, vuka, u hlome amandhla, o
mkono ka Jehova; vuka, njengezinsuku
za kuqala, ezizukulwaneni ezi dhlulile-
yo. A ku wena o wa nquma iRahabi
na? wa limaza udrako na?
10 A ku wena o womisa ulwandhle,
amanzi olwandhle olukulu: o wenza
indhlela kulo ukuze ba wele aba sindisi-
weyo na?
11 Ngako abasindisiweyo baka Jeho-
va ba ya kubuya, ba fike ngokuhlabe-
lela eZioni; nenjabulo engapeliyo yo ba
emakanda abo: ba ya kutola ukutokoza
nenjabulo; nenhlupeko nokulila ko ba-
leka.
12 Mina, yebo mina, ngi nguye o ni
duduzayo: ubani wena, ukuba u ze we-
sabe umuntu o ya kufa na, nendodana
yomuntu e ya kwenziwa i be njengotya-
ni na;
13 U kohlwe uJehova umenzi wako,
o welula amazulu, no wenza izisekelo
zomhlaba; wesaba njalo zonke izinsuku
ulaka lomhlupi, e kwangati u ya kuku-
bulala? lupi ulaka lomhlupi na?
14 Isibotywa esi tunjweyo si ya tyetya
ukuba si kululwe, ukuze si ngafi emgo-
dini, nesinkwa sake si pele.
15 Kodwa mina ngi nguJehova uTixo
wako, o wa dabula ulwandhle, amaza

alo e bodhla: uJehova wamabandhla iga-
ma lake.
16 Mina ngi wa bekile amazwi ami
emlonyeni wako, ngi ku sibekele ngesi-
tunzi sesandhla sami, ukuze ngi wa tya-
le amazulu, ngi mise isisekelo somhlaba,
Ngi tyo kulo iZioni ukuti, Nina ni nga-
bantu bami.
17 Vuka, vuka, u me, wena Jerusale-
ma, o si puzileyo esandhleni sika Jeho-
va isitya solaka lwake; u zi puzile izi-
nziki zesitya sokututumela, wa zi kama.
18 A kako o ya kumhola kuwo wo-
nke amadodana o wa zeleyo; a kako no-
mpatayo ngesandhla kuwo onke amado-
dana a wa kulisileyo.
19 Loku kokubili ku fikele wena; uba-
ni o ya kukudabukela na? incitakalo,
nokufa, nendhlala, nenkemba ngo ku
duduza ngobani na?
20 Amadodana ako a dangele, a lala
ezihlokweni zezitaladi zonke, njenge-
nkunzi ya sendhle esihibeni: a gcwele
ulaka luka Jehova, nokusola kuka Tixo
wako.
21 Manjeke yizwa loku, wena sihlu-
peki, nesidakwa, kodwa ku nge nge-
waini:
22 U tyo loku uJehova uTixo wako
o mela abantu bake, Bheka, ngi si susile
ezandhleni zenu isitya sokututumela ne-
zinziki zolaka lwami: a u sa i kupuza
futi:
23 Kodwa ngo ku faka loko ezandhle-
ni zabo aba ku hlupayo; aba tyiloyo,
empefumulweni wako ukuti, Kotama,
si hambe pezu kwako: Wa kotama
umzimba wako wa ba njengomhlaba,
njengesitaladi, kubo aba hamba pezu
kwako.

## ISAHLUKO 52.

VUKA, vuka; u fake amandhla ako,
Zioni; zi hlobise ngezingubo zako
ezinhle, Jerusalema, muzi o ingcwele;
ngokuba ku nga sa yi ku buya ku ngene
kuwe ongasokanga nomubi.
2 Zi tuntute utuli; u vuke u hlale pa-
nsi, wena Jerusalema: zi kulule esibo-
tyweni sentamo yako, wena ntombi ka
Zioni o isibotywa.
3 Ngokuba u tyo loku uJehova, Ni zi
tengisile ize; futi no sindiswa ku ngeko
mali.
4 Ngokuba u tyo loku uJehova uTixo,
Abantu bami behla kuqala Egipite uku-
ba bake kona; naba seAsiria ba ba hlupa
ngeze.
5 Manjeke, ngi nantoni lapa mina, u
tyo uJehova, ukuba abantu bami ba mu-
kiswe ngeze na? bona aba ba busayo ba
benza ukuba ba bubule, u tyo uJehova;
negama lami li tukwa zonke izinsuku.
6 Ngako abantu bami ba ya kulazi iga-
ma lami: ba ya kwazi ngalolosuku uku-
ba ngi nguye mina okulumayo: bheka,
imina.
7 Za ba zinhle ezintabeni izinyawo za-
ke o letayo indaba enhle o memeza uku-
tula; o leta indaba enhle yokulunga, o
memeza insindiso: o tyoyo kulo iZioni
ukuti, uTixo wako u ya busa!
8 Abalindi bako ba ya kupakamisa
izwi labo; ba hlabelele kanye kanye
ngezwi: ngokuba ba ya kubona nga-
mehlo, lapo uJehova e li buyisa futi
iZioni.
9 Jabulani; ni gwabe kanye kanye,
nina zindawo ezi citekeleyo zeJerusa-
lema: ngokuba uJehova u ba duduzile
abantu bake, u li kululile iJerusalema.
10 uJehova u hlubulile umkono wake
o ingcwele emehlweni ezizwe zonke;
nezinhlangoti zonke zomhlaba zi ya ku
i bona insindiso ka Tixo wetu.
11 Sukani, sukani, ni pume lapa, ni
nga i tinti into e ngcolileyo; ni pume
kuyena; ni be mhlope, nina bapati
bezitya zika Jehova.
12 Ngokuba a ni i kupuma ngokutye-
tya, na ngokubaleka: ngokuba no la-
ndela uJehova; noTixo ka Israeli wo
ni vikela na ngemva.
13 Bheka, inceku yami e yo kwenza
kahle, i ya kupakanyiswa i nikwe ama-
ndhla, i be nkulu kakulu.
14 Abaningi ba mangale ngayo;
ubuso bayo bonakele, ku nobomuntu
omunye, nokuma kwayo ku nokwama-
dodana abantu:
15 Njaloke i fafaze izizwe eziningi;
amakosi a yi valele imilomo: ngoku-
ba a ya kukubona loko a kade e nga ku
tyelwanga: na loku a kade e nga ku
zwanga a ku qonde.

## ISAHLUKO 53.

UBANI o kolwe ukutyo kwetu? ubani
o se boniswe umkono ka Jehova na?
2 Ngokuba u ya kukula ngapambi
kwake njengomuti obutakataka, na nje-
ngempande emhlabatini owomileyo: a
ka nako ukuma nokubukeka; na lapo si
m bonayo, si nga m tandi ngoba e nge
nabuhle.
3 U yeiswa ka tandwa abantu; umu-
ntu wezinhlupeko, e lu jwayele uhlupo:

sa zitukusa kuyena; wa e deliwe, a sa m tanda.

4 Impela wa zi twala izinhlupeko zetu, wa pata nokudabuka kwetu: noko be si ti u hlutyiwe, e tyawa uTixo, ehlupeka.

5 Kodwa wa linyazwa ngenxa yezona zetu, wa hlutyelwa ububi betu: umvimbo wokutula kwetu wa u pezu kwake; na ngemidwa yake si polisiwe tina.

6 Tina sonke sedukile njengezimvu; sa hamba ngezindhlela zetu sonke; uJehova wa m etwesa ngezono zetu.

7 U be hlupeka, e dabuka, a ka wu vula umlomo wake; wa letwa njengecwane li zo ku hlatywa, na njengemvu i tule pambi kwabagundi ku njalo naye, a ka wu vulanga umlomo wake.

8 Wa tatwa ekubotyweni na sekwahlulweni: ubani o ya kusityo isizukulwane sake na? ngokuba wa nqunywa ezweni labapilayo: wa hlutyelwa ukona kwabantu bami.

9 Ituna lake wa lenza kanye nababi, wa e nabacebileyo ekufeni kwake; ngokuba a konanga ngaluto, e ngeko namanga emlonyeni wake.

10 Noko uJehova wa tanda ukumhlupa; nokumdabukisa: lapo u ya kuwenza umpefumlo wake u be umhlatyelo wesono, u ya kuibona inzalo yake, andise izinsuku zake, nokutandwa uJehova ku buse esandhleni sake.

11 A bone okuvela ekuhlutyweni kompefumlo wake, a dele: ngokwazi kwake inceku yami elungileyo i size abaningi; ngokuba u ya kutwala izono zabo.

12 Ngako ngo mahlukanisela indawo nabakulu, a hlepule kuyo impango yabanamandhla; ngokuba umpefumlo wake u wu kipele ekufeni: wa balwa kanye nezoni; wa twala isono sabaningi, wa lamulela aboni.

## ISAHLUKO 54.

HLABELELA, wena nyumbakazi, o wa u nga zali, zi bidhlize izihlabelelo, u kale ngamandhla, wena o nga mitanga: ngokuba baningi abantwana bomhlupeki, ku na besifazana esiganileyo, u tyo uJehova.

2 Kulisa indawo yendhlu yako, ma ba zelule izindwangu zezindhlu zenu: ni ngesabi, yandisani izintambo zenu, ni qinise izinkonkwane zenu;

3 Ngokuba u ya kudabula ngalapa na ngalapa; nenzalo yako i ya kudhla ifa labezizwe, yenze ukuba imizi e citekileyo yakiwe.

4 U ngesabi; ngokuba ku yi ku jaba: u nga deli, ngokuba ku yi ku jabiswa: ngokuba u ya kukohla ihlazo lobutya bako, u nga be u sa i kumbula nakanye inhlupeko yobudikazi bako.

5 Ngokuba umenzi wako u indoda yako; igama layo li nguJehova wamandhla: nomkululi wako ingcwele ka Israeli; u bizwa ngokutiwa uTixo womhlaba wonke.

6 Ngokuba uJehova u ku bize njengowesifazana e deliwe e hlupeka enhliziyweni, nomfazi wobutya, u su waliwe wena, u tyo uTixo wako.

7 Si ncane isikati sokukukohla kwami; kodwa ngo ku buta ngomusa omkulu.

8 Ngolaka oluncane nga bu tukusa ubuso bami kuwena isikatyana; kodwa ngo ku haukela ngomusa ongapeliyo, u tyo uJehova umkululi wako.

9 Ngokuba loku ku njengamanzi ka Noa kimina: na njengokufunga kwami ukuba amanzi ka Noa ka sa yi ku sibekela umhlaba futi; njalo ngi fungile ukuba a ngi sa yi ku ku tukutelela, noku ku kuza.

10 Ngokuba izintaba zo hamba, nezintatyana zi suswe; kodwa umusa wami u nga suki kuwena, nesivumelwano sami sokutula si nga suswa, u tyo uJehova o nomusa kuwena.

11 O wena o hlupekileyo, u xukuzwa isivunguvungu, u nga duduzeki, bheka, ngo ku sekela ngamatye amahle, ngi mise izisekelo zako ngamasafeiro.

12 Ngenze izibuko zako ngamashevu, namasango ako ngamatye akanyayo, nemincele yonke yako ngamatye amahle.

13 Nabantwana bonke bako ba fundiswe ngoJehova; ku be kukulu ukutula kwabantwana bako.

14 U miswe ngokulunga wena: u be kude nenhlupeko; ngokuba a u i kwesaba: u tutumele; ngokuba a ku i ku sondela kuwena.

15 Bheka, ba ya kubutana nempela, kodwa ku nge ngami: yena njalo o butanela wena u ya kuwa ngenxa yako.

16 Bheka, ngi menzile mina umkandi o vutelayo amalahle emilweni, no kandayo into yomsebenzi wake; nami ngi menzile umciti ukuba a cite.

17 A ziko izikali ezenzelwa wena ezi ya kubusiswa; nazo zonke izilimi ezi vukela wena ekwahluleni u ya kuzicita.

Loku ku ifa lezinceku zika Jehova, no-
kulunga kwabo ku kimina, u tyo uJe-
hova.

## ISAHLUKO 55.

AI, nina nonke bomileyo, wozani
emanzini, naye o nge namali; woza,
tenga, u dhle; yebo, woza, tenga iwaini
nobisi i nge ko imali nenani.
2 Ni i citelani imali kuko oku nge iso
isinkwa na? namandhla enu kuko oku
nga delisiyo na? ngi laleleni kahle, ni
dhle loko okuhle, nompefumlo wenu u
jabule emafuteni.
3 Lulamisani izindhlebe zenu, ni ze
kimi; yizwani, nompefumlo wenu u
ya kupila; nami ngenze isivumelwano
esingapeliyo kinina, umusa ka Davida
oqinisekileyo.
4 Bheka, ngi m nikile a be ufakazi
kubantu, umholi, nombusi kubantu.
5 Bheka, u ya kubiza isizwe o nga
saziyo, nezizwe e be zi nga kwazi zo
kugijimela ngenxa ka Jehova uTixo
wako, na ngenxa yo ingcwele ka Israeli;
ngokuba u ku dumisile wena.
6 Funani uJehova e se nakutolwa,
mbizeni e se seduze:
7 Omubi ma ka i shiye indhlela yake,
no nga lungile imicabango yake: ma ka
buyele kuJehova, naye u ya kuba
nomusa kuyena; na kuTixo wetu ngo-
kuba u ya kuyekela ngokukulu.
8 Ngokuba imicabango yami a si
yenu, nezami izindhlela a si zenu, u
tyo uJehova.
9 Ngokuba njengamazulu e pezu ko-
mhlaba, njalo ezami izindhlela zi pezu
kwezenu, neyami imicabango i pezu
kweyenu.
10 Ngokuba njengokwehla kwemvula,
nongqoqwane ezulwini, i nga buyeli
kona, kodwa i matisa umhlaba, i wenze
ukuba u tele, ukuze u nike ohlwanye-
layo imbeu, nesinkwa kodhlayo:
11 Ko ba njaloke izwi lami eli puma
emlonyeni wami: a li i ku buyelaze kimi,
kodwa li ya kukuqeda e ngi ku tandayo,
li buse ngayo into e ngi li tumele yona.
12 Ngokuba ni ya kupuma ngenja-
bulo, ni holwe ngokutula: izintaba ne-
zintatyana zo pumisela izihlabelelo
ngapambi kwako, nemiti yonke yama-
simu i tyaye izandhla zayo.
13 Endaweni yameva ko mila umuti
wefire, nasendaweni yegatya ko vela
umuti wemurtle: ku be igama kuJe-
hova, isibonakaliso esingapeliyo esi nga
yi ku nqunywa.

## ISAHLUKO 56.

UTYO loku uJehova, gcinani ukwa-
hlulela, nenze ukulunga: ngokuba
insindiso yami i seduze, nokulunga kwa-
mi ku bonakale.
2 U busisiwe umuntu owenzayo loku,
nendodana yomuntu ebambelelayo ku
kona; o gcinayo isabata e nga loni, no si-
bambayo isandhla sake ebubini bonke.
3 U nga vumi futi ukuba indodana
yesihambi e zihlanganise noJehova, i
kulume, i ti, uJehova u ngahlukanisile
nempela kubantu bake: noteniweyo a
ti, Bheka, ngi ngumuti owomileyo.
4 Ngokuba u tyo loku uJehova kubo
abateniweyo abagcinayo amasabata ami,
nabaketa izinto ezi ngi jabulisayo mina,
nababambayo isivumelwano sami;
5 Ngo nika na kubona endhlini yami,
na ngapakati kwezindonga zami indawo
negama eli wa dhlulayo amagama ama-
dodana namadodakazi: ngo ba nika iga-
ma elingapeliyo, eli nga yi ku nqunywa.
6 Futi amadodana esihambi azihla-
nganisa noJehova, ukumkonza, nokuli-
tanda igama lika Jehova, ukuba izi-
nceku zake, i lowo na lowo o li gcinayo
isabata e nga boni, nosibambayo isivu-
melwano sami;
7 Ngo ba leta nabo entabeni yami e
ingcwele, ngi ba jabulise endhlini yami
yomtandazo: imihlatyelo yabo yo kwa-
mukeleka kulo ilati lami; ngokuba
indhlu yami yo bizwa i tiwe indhlu
yomtandazo yabantu bonke.
8 uJehova uTixo obutayo abalahliweyo
baka Israeli u ti, Ngo m butela nabanye
futi, ngapandhle kwabo a se be butiwe.
9 Nina nonke zilwane za sendhle, wo-
zani ni pange, yebo, nina nonke zilwane
zehlati.
10 Abalindi bake ba izimpumpute:
bonke ka ba nakwazi, ba izinja ezi izi-
mungulu, a ba nakukonkota; ba lele
ubutongo pansi, be tanda ubutongo.
11 Yebo, ba izinja ezihahayo ezi nga
sutiyo, ba ngabalusi bezimvu aba nge
nakwazi: ba bheka bonke kweyabo
indhlela, ilowo kweyake inzuzo, e suka
kweyake indawo.
12 Ba ti bona, Wozani, ngi ya kuleta
iwaini, si zigcwalise ngopuzo oluna-
mandhla: ingomuso li be njenga na-
muhla, li be liningi kakulu ku naloku.

## ISAHLUKO 57.

OLUNGILEYO u ya fa, a nga kale-
lwa muntu: nabanomusa ba ya su-

swa, a nga biko o cabanga ukuba olu-
ngileyo u suselwa ububi obu ya ku
vela.
2 U ya kungena yena ekutuleni: ba
ya kupumula emibedeni yabo, ilowo e
hamba ngokulunga kwake.
3 Kodwa sondelani lapa, nina ma-
dodana ezanusi, inzalo yompingi nesi-
febe.
4 Ni dhlala ngobani na? ni wu vulela
bani umlomo omude na? nokumnyali-
zela na? a nibo ini abantwana bokona,
inzalo yamanga na?
5 Ni zifudumeza ngezitombe ngapansi
kwemiti yonke eluhlaza, ni bulala aba-
ntwana ezigodini ngapansi kweziwa za-
matye na?
6 Indawo yenu i sematyeni a butyele-
zi omfula; iwona, wona a okwenu: ne-
sipo sokupuza u si telele wona, u wu ve-
zile umhlabelo wenyama. Ngi ya ku-
duduzwa iloku na?
7 Umbede wako u wu mise entabeni
ende e pakeme: wa ya ukuhlabela kona.
8 Nenkumbulo yako u i mise ngase-
mva kwezicaba nezinsika: ngokuba
u zi vezile komunye ku nami, u kupu-
kile; u wandisile umbede wako, wenza
isivumelwano nabo; wa u tanda umbe-
de wabo lapo u u bone kona.
9 Wa ya enkosini u pete amafuta,
wandisa amaka ako, wa zi tuma kude
izigijimi zako, wa zi tyonisa esiho-
gweni.
10 U katele ngobukulu bendhlela ya-
ko; noko ka u tyongo ukuti, A liko
itemba: u ku tolile ukupila kwesandhla
sako; ngako a u dabukanga.
11 We saba bani, ukuba u qambe ama-
nga, u nga kumbulanga mina, u nga ku
bekanga na senhliziyweni yako? a ngi
tulanga na kade, u nga ngesabi mina
na?
12 Ngo ku veza ukulunga kwako ne-
misebenzi yako; ngokuba a u i ku si-
zwa iyo.
13 Lapo u kalayo, izixuku zako ma
zi ku kulule; kodwa umoya u ya kuba-
mukisa bonke, ukuzidhla ku ya kuba-
tata; kodwa yena o wetemba mina u
ya kufuya izwe, a fuye intaba yami e
ingcwele;
14 A ti, fumbelani, fumbelani, lungisa-
ni indhlela, susani isikubekiso endhlele-
ni yabantu bami.
15 Ngokuba u tyo loku opakemileyo
no pezulu o hlala ezulwini, ogama lake
li uNgcwele; ngi hlala endaweni e pezu-
lu ne ingcwele, kanye naye o nhliziyo
yake i tambile i tobile, ukuvusa inhli-
ziyo yotobileyo, nokuziduduza izinhli-
ziyo zabatambileyo.
16 Ngokuba a ngi i kumelana njalo
njalo, ngi tukutele futi njalo; ngokuba
inhliziyo i ya kupela ngapambi kwami,
nemipefumlo e ngi yenzileyo.
17 Nga tukutela ngenxa yobubi boku-
fisa kwake, nga m tyaya: nga zi tukusa,
ngi tukutele, naye wa qubeka njalo nge-
ndhlela yenhliziyo yake.
18 Ngi zi bonile izindhlela zake ngo
m polisa: ngi ya kumholela futi, ngi m
nike yena nabalilayo bake oku za ku-
batokozisa.
19 Ngi ya zenza izitelo zezindebe;
Ukutula, ukutula kuye o kude, na ku-
ye o seduze, u tyo uJehova; ngo m po-
lisa futi.
20 Kodwa ababi ba njengolwandhle
oludungekileyo, lu nge nakupumula,
amanzi alo e kipa udaka nenhlabati.
21 U tyo uTixo wami, A kuko uku-
tula kwababi.

## ISAHLUKO 58.

KALA kakulu, u nga nqamuli, vusa
izwi lako njengetilongo, u bonise
abantu bami ukona kwabo. Nendhlu
ka Jakobe izono zabo.
2 Noko ba ngi funa onke amalanga,
be jabula ukuzazi izindhlela zami nje-
ngesizwe e senza ukulunga, si nga dela-
nga umteto ka Tixo wabo: ba zi buza
kimi na izimiso zokulunga; ba ya ja-
bula ngokusondela kuTixo.
3 Ba ti, si ku zilelani ukudhla na, u
nga boni wena na? inhliziyo yetu si i
hlupeleni, u nga qapeli wena na? Bheka,
osukwini lwako lokuzila ni tola injabulo,
ni qeda yonke imisebenzi yenu.
4 Bheka, ni zilela inkani nokupikisa-
na, nokutyaya ngesandhla esibi: a ni
yi kuzila njenga namuhla, ukuzwakali-
sa izwi lenu pezulu.
5 I kona lokukuzila e ngi ku ketileyo
na? usuku lokuba umuntu a hlupe umpe-
fumlo wake na? ku iko ukuba umuntu
a kotamise ikanda lake njengomhlanga,
nokwendhlalisa ngapansi kwake indwa-
ngu yamasaka nomlota na? loku u nga
ku biza ngokuti ukuzila, nosuku oluta-
ndekayo kuJehova na?
6 A siko loku ukuzila e ngi ku ketileyo
na? ukuxegisa izibopo zobubi, ukuyetu-
la imitwalo esindayo, nokumdedela ohlu-
tyiweyo, nokuba napule onke amajokwe?

7 A siko ukuba nabele abalambileyo
isinkwa senu, nokuba ni buyise abampo-
fu aba kityiweyo ezindhlini zenu na? na
lapo u m bonayo ohambaze u m gqokise;
nokuba u nga zi tukusi kwa benyama
yako na?
8 I konake ukukanya kwako ko puma
njengokusa, nokupila kwako kwande
masinyane: nokulunga kwako ku ha-
mbe pambi kwako; nodumo luka Jehova
lu be ngemva kwako.
9 U bizeke wena, a pendule uJehova;
u kale, naye a ti, Ngi lapa. Uma u ya
li susa pakati kwako ijokwe, ukuveza ko-
munwe, nokukuluma oku ize;
10 Noma u kipela abalambileyo umpe-
fumlo wako, u delisa umpefumlo ohlutyi-
weyo; njaloke ukukanya kwako ko pu-
ma ekufipaleni, nobumnyama bako bu
be njengemini:
11 NoJehova a ku hole njalo, a gcwa-
lise umpefumlo wako ngendhlala, a ku-
lupalise amatambo ako: u be njengensi-
mu ematileyo, na njengomtombo wa-
manzi, omanzi awo e nga peli.
12 Naba vela kuwe ba ya kuwaka
amanxiwa: u ya kuvusa izisekelo zezi-
zukulwane eziningi; u bizwe ngokuti-
wa, Uvimbisikcu, Nomlungisi wezi-
ndhlela ku hlalwe kona.
13 Uma u lu susa unyawo lwako kulo
isabata, ekwenzeni okutandayo ngosuku
lwami olu ingcwele: u jabuliswe isabata
ubungcwele buka Jehova, obudumiseka-
yo; u m konze, u nga hambi ngezi-
ndhlela zako, u funa okutandayo wena,
u kuluma namazwi ako wedwa:
14 U zijabuliseke ngoJehova; ngenze
ukuba u kwele ezindaweni ezipakemeyo
zomhlaba, ngi ku pe u dhle ifa lika
Jakobe uyihlo: ngokuba umlomo ka Je-
hova u ku tyilo.

## ISAHLUKO 59.

BHEKA isandhla sika Jehova a si
finyeziwe, ukuba si nga sindisi; ne-
ndhlebe yake a i sindi, ukuba i nge-
zwa;
2 Kodwa izono zako zahlukene ku na-
we noTixo wako, nezono zako zi bu tu-
kusile ubuso bake kuwena, ukuba a nga
be sezwa.
3 Ngokuba izandhla zako zonakele iga-
zi neminwe yako ububi; izindebe zako
zi kulumile amanga, ulimi lwako lu vu-
ngazela ukupambana.
4 A kako o bangela ukulunga, no te-
la iqiniso: be temba ize, ba kuluma
amanga; ba tate ukonakala, be veza
ububi.
5 Ba camusela amaqanda ebululu, ba-
luka ulembu lolwembu: naye o wa-
dhlayo lawo maqanda a fe, nokwapuki-
leyo ku be inyoka.
6 Ulwembu lwabo a lu i kuba izingu-
bo, ba nga zi gqokisi ngemisebenzi yabo:
imisebenzi yabo i nge yobubi, nokungco-
la ku sezandhleni zabo.
7 Izinyawo zabo zi gijimela ububi, ba
tyetye nokubulala ongenacala: imicaba-
ngo yabo i nge yobubi: ukucita noku-
bubisa ku sezindhleleni zabo.
8 Indhlela yokutula ka ba yazi; a ku-
ko nokwahlulela ekuhambeni kwabo;
ba zenzele izindhlela ezi izigwegwe: no
hambayo ngazo a ka i ku kwazi ukutula.
9 Ngakoke ukwahlulela ku kude nati
nokulunga a ku si fumani: si hlalela
ukukanya, kodwa ku vela ukufipala nje;
si linde ukukanya, kodwa si hamba ebu-
mnyameni.
10 Si ya pumputa udonga njengempu-
mpute, si pumpute njeng okungati a si
namehlo: si kubeka emini kungati i
sebusuku, si sezindaweni ezicitekeleyo
njengabantu abafileyo.
11 Si bodhla sonke njengamabere, si
lila kakulu njengamajuba: si bhekela
ukwahlulela, kodwa ka kuko; nensi-
ndiso, kodwa i kude nati.
12 Ngokuba izono zetu zandile ngapa-
mbi kwako, nokona kwetu ku ya si fa-
kazela: ngokuba izono zetu zi kitina; na
ngokona kwetu, si ya kwazi;
13 Ngokona nokutuka nga kuJehova,
noku m dedela kude uTixo wetu, si ku-
luma insindezelo nenkani, si cabangela
si tyo amazwi amanga e puma enhlizi-
yweni.
14 Nokwahlulela ku hlehlele emuva,
nokulunga ku mi kude: ngokuba iqini-
so, li wele esitaladini, nokufaneleyo ku
nge ngene.
15 Yebo, iqiniso li ya wa; naye o de-
delayo ububi u zenza impango: noJeho-
va wa ku bona, kwa m dabukisa ngoku-
ba ku ngeko ukwahlulela.
16 Wa bona ukuba a kuko muntu; wa
mangala ukuba e ngeko ummeli: ngako
umkono wake wa m letela insindiso: no-
kulunga kwake, kwa m sekela.
17 Wa vata ukulunga njengesivikelo
sesifuba, nesigqoko sensindiso ekanda la-
ke; wa gqoka izingubo zentukutelo, e
vate ukufudumala njengebantyi.
18 Njengezenzo zabo, u ya kubuyisa,

ulaka kwa ba melana naye, a vuze izita zake; neziqingi u ya kuzivuza.

19 Ba lesabeke igama lika Jehova entyonalanga, nodumo lwake ngasempumalanga. Lapo isita si ngena njengozamcolo, umoya ka Jehova u ya kusimisela isimiso.

20 Nomkululi a fike eZioni, na kubo abapendukayo baka Jakobe, u tyo uJehova.

21 Ngami mina, i lesi isivumelwano sami nabo, u tyo uJehova; umoya wami o pezu kwako, namazwi ami e ngi wa beke emlonyeni wako, a i kupuma emlonyeni wako, na semilonyeni yenzalo yako, na semilonyeni yenzalo yenzalo yako, u tyo uJehova, namuhla ku ze ku be pakade.

## ISAHLUKO 60.

VUKA, u kanye; ngokuba ukukanya kwako ku fikile, nodumo luka Jehova lu vuke pezu kwako.

2 Ngokuba, bheka, ubumnyama bu ya kuwusibekela umhlaba, nobumnyama obukulu abantu: kodwa uJehova u ya kukuvukela, nodumo lwake lu bonakale pezu kwako.

3 Nabezizwe ba fikele ukukanya kwako, namakosi ngokukanya kokuvuka kwako.

4 Vusa amehlo ako ngakona, u bone: ba butana bonke, ba fikela wena: amadodana ako a ya kuvela kude, namadodakazi ako a ya kondhliwa ngasecaleni kwako.

5 U boneke wena, u hlangane ndawonye, inhliziyo yako yesabe, i kule; ngokuba ubuningi bolwandhle bo kolwa kuwe, izixuku zabezizwe zi ku fikele.

6 Ubuningi bamakamelo bu ku sibekele izimbongolo za kwaMidiani noEfa; bonke aba kwa Sheba ba ya kufika: ba lete igolide nempepo: ba bonakalise izibusiso zika Jehova.

7 Yonke imihlambi ya kwaKedari i ya kubutanela wena, izinqama za kwaNebaiote zi kulume kuwe: zo fika ngokutanda pezu kwelati lako, nami ngo dumisa indhlu yodumo lwami.

8 Obani laba aba ndizayo njengefu na, na njengamajuba ezindhlini zawo na?

9 Impela iziqingi zo ngi hlalela, imikumbi ya kwaTarshishi kuqala, uku wa leta amadodana ako e kude, isiliva negolide labo kanye nabo, kulo igama lika Jehova uTixo wako, na ko ingcwele ka Israeli, ngokuba u ku dumisile wena.

10 Amadodana ezihambi a zake izindonga zako, namakosi abo a ku kulumele: ngokuba ngolaka lwami nga ku tyaya, kodwa ngomusa wami nga ku dabukela.

11 Ngako amasango ako a vuleke njalo; a nga valwa emini na sebusuku; ukuze abantu ba ku letele ibandhla labezizwe, nokuba amakosi abo a letwe.

12 Ngokuba isizwe nombuso o nga kuvumiyo u ya kufa; yebo, lezo zizwe zi qedwe impela.

13 Udumo luka Lebanoni lu ya kukufikela, umuti wefire nomberoshi, nomtidhari, nomkoba kanye kanye, ukuyenzanhle indawo yendhlu engcwele; ngenze futi indawo yezinyawo zami i benhle.

14 Namadodana abo aba ku hlupileyo a fike kuwe e ku kotamela: nabo bonke aba be ku dela ba kotame ezinyaweni zako; ba ku bize ngokuti, Umuzi ka Jehova, iZioni lo ingcwele ka Israeli.

15 Nokuba wena wa delwa wa zondwa, a kwa bako muntu o dabulayo kuwe, ngi ya kukwenza u be ubuhle obuma njalo, injabulo yezizukulwane eziningi.

16 U ncele futi ubisi lwabezizwe, u ncele ebeleni lamakosi; wazi ukuti mina Jehova ngi ngumsindisi nomkululi wako, o namandhla ka Jakobe.

17 Endaweni yetusi ngi lete igolide, na ngensimbi ngi lete isiliva, na ngomuti itusi, na ngamatye insimbi: Ngenze futi izinduna zako zi be nokutula, nababusi bako ukulunga.

18 Ububi bu nga be bu sezwakala ezweni lako, nencitakalo nokucita osebeni lwako; u bize izindonga zako ngokuti insindiso, namasango ako ukubonga.

19 U nga be u sa kanyiswa ilanga emini; nenyanga i nga ku kanyiseli: kodwa uJehova a be kuwe ukukanya okungapeliyo, noTixo wako udumo lwako.

20 Ilanga lako li nga be li sa tyona: nenyanga yako i nga be i sa zifihla: ngokuba uJehova a be ukukanya kwako okungapeliyo, nezinsuku zokulila kwako zi pele.

21 Nabantu bako ba be abalungileyo bodwa: ba fuye izwe ku ze ku be pakade, igatya lensimu yami, umsebenzi wezandhla zami ukuze ngi dunyiswe.

22 Omcane kakulu a be inkulungwane, nomcane u ya kuba isizwe esinamandhla: mina Jehova ngi ya kukutyetyisa ngesikati sami.

## ISAHLUKO 61.

UMOYA ka Jehova uTixo u pezu kwami; ngokuba uJehova u ngi gcobile ukuba ngi shumayele okuhle kwabatobekileyo; u ngi tumile ukuba ngi vuse abanhliziyo zabo zapukile, ukuveza ukululo kuzo izibotywa, nokuvula indhlu yezibotywa kubo ababotyiweyo;

2 Ngi memezele umnyaka otandekayo ka Jehova, nosuku lolaka luka Tixo wetu; ukududuza bonke abalilayo;

3 Ngi misele abakalayo eZioni, ukubanika ubuhle ngomlota, amafuta enjabulo ngokulila, ingubo yokubonga ngomoya o sindayo; ba bizwe ngokutiwa imiti yokulunga, ukutyalwa kuka Jehova, a ze a dunyiswe.

4 Bake ezindaweni ezicitekeleyo, ba vuse amanxiwa a kuqala, ba lungise imizi ecitekeleyo, incitakalo yezizukulwane eziningi.

5 Izihambi zi me zaluse imihlambi yenu yezimvu, namadodana abezizwe a be abalimi benu nabalungisi bezivini zenu.

6 Ni bizwe ngokutiwa Abapristi baka Jehova: amadoda a ni bize ngokuti abasebenzi baka Tixo wetu: ni ya kudhla ingcebo yabezizwe, ni zidhle ngodumo lwabo.

7 Ngenxa yehlazo lenu ni ya kuhlupeka; na ngokujaba ba jabule ngesabelo sabo: ngakoke ezweni labo ba fuye isandiso injabulo e ngapeliyo i be kubona.

8 Ngokuba mina Jehova ngi ya tanda ukwahlulela, ngi ya kuzonda ukupangela imihlatyelo etyiswayo; ngi ba yaleze umsebenzi wabo ngeqiniso, ngi benzele isivumelwano esingapeliyo.

9 Nenzalo yabo yaziwe kwabezizwe, nenzalo yabo kubantu: bonke aba ba bonayo ba ya kubavuma ukuba be inzalo e busiswe nguJehova.

10 Ngo jabula kakulu ngoJehova, umpefumlo wami u jabule ngoTixo wami, ngokuba u ngi gqokisile ngezingubo zensindiso, u ngi sibekele ngengubo yokulunga, njengomyeni e zihlobise ngezivunulo, na njengomlobokazi e zihlobise ngamagugu ake.

11 Ngokuba njengomhlaba u tela izinhlamvu zawo, na njengensimu i milisa izinto ezi tyalwe kuyona ukuba zi mile; njalo uJehova uTixo u ya kwenza ukulunga nodumo lu vele ngapambi kwezizwe zonke.

## ISAHLUKO 62.

NGENXA yeZioni a ngi yi kutula, na ngenxa yeJerusalema a ngi yi kupumula, ukulunga kwalo ku ze ku pume njengokukanya, nensindiso yalo njengesibani esivutayo.

2 Nabezizwe ba bone ukulunga kwako, namakosi onke udumo lwako: u bizwe ngegama elitya, eli ya kuvela emlonyeni ka Jehova.

3 Futi u be umqele wodumo esandhleni sika Jehova, nomqele wobukosi esandhleni sika Tixo wako.

4 A ku sa yi kutyiwo ngawe ukuti uDeliwe; nezwe lako a li sa yi ku tiwa Ize: kodwa u bizwe ngokutiwa iHefziba, nezwe lako iBeula: ngokuba uJehova u ya jabula ngawe, nezwe lako lendile.

5 Ngokuba njengensizwa i ganwa intombi, njalo amadodana ako a gane wena: na njengomyeni e jabula ngomlobokazi, njalo uTixo wako a jabulele wena.

6 Ngi misile abalindi pezu kwezindonga zako, O Jerusalema, aba nga yi kutula emini na sebusuku; nina aba kuluma ngoJehova, ni nga tuli,

7 Ni nga m niki ukupumula, a ze a li simamise, a lenze iJerusalema li be udumo emhlabeni.

8 uJehova u fungile ngesandhla sake sokunene, na ngomkono wamandhla ake, Impela a ngi sa yi kuzinika izita zako umbila wako ku be ukudhla kwabo; namadodana esihambi a nga li puzi iwaini lako, o li sebenzileyo:

9 Kodwa bona aba li butileyo ba li dhle, ba dumise uJehova; nabo aba li butileyo ba li puze endhlini e ingcwele yami.

10 Dabulani, dabulani emasangweni; lungisani indhlela yabantu; vusani, vusani umgwaqo; ni kete amatye awo; ni misele abantu isimiso.

11 Bheka, uJehova u ku tyilo na sekugcineni komhlaba, Yityoni kuyo intombi ka Zioni, Bheka, insindiso yako i yeza; bheka umvuzo wake u naye, nomsebenzi wake ngapambi kwake.

12 Ba ba bize ngokuti, Abantu abangcwele, Abakululiweyo baka Jehova: nawe u bizwe ngokutiwa, U nguTolakele, Umuzi o nga deliwe.

## ISAHLUKO 63.

UBANI lona o puma eEdomi, o nezingubo zemibala za kwaBozra na?

lona o busisiweyo ngezingubo zake, e
hamba ngobukulu bamandhla ake?
Mina e ngi kuluma ngokulunga, ngi
namandhla okusindisa.
2 U zi gqokelani izingubo ezibomvu,
ezi fana ne zake onyatelayo esicinde-
zelweni sewaini na?
3 Ngi si nyatele ngedwa isicindezelo
sewaini; be ku ngeko kimi noyedwa
kubantu: ngokuba ngo ba nyatela ola-
keni lwami, ngi ba gxobe ngokutu-
kutela kwami; negazi labo li fafazeke
ezingutyeni zami, ngi ngcolise zonke
izivato zami.
4 Ngokuba usuku lokupindisela lu
senhliziyweni yami, nonyaka wabaku-
luliweyo bami u su fikile.
5 Nga bheka, a ka ba ngako o ngi
sizayo; nga mangala ngokuba e ngeko
o woku ngi pasa: ngako insindiso ya
letelwa mina ngomkono wami; nolaka
lwami, lwa ngi pasa.
6 Ngo ba gxoba abantu ngolaka lwa-
mi, ngi ba dakise ngokutukutela kwa-
mi, ngi wise emhlabatini amandhla
abo.
7 Ngi memezele ububele obukulu buka
Jehova, nezibongo zake, ngako konke a
ku nikileyo tina, nomusa wake omkulu
pezu kwendhlu ka Israeli, a ba nikileyo
wona ngomusa wake, na ngobuningi
bobubele bake.
8 Ngokuba wa ti, Impela ba ngabantu
bami, abantwana aba nge qambe ama-
nga: njaloke wa ba umsindisi wabo.
9 Kuzo zonke izinhlupeko zabo wa
hlupeka naye, nengelosi yobukona bake
ya ba sindisa: ngotando na ngesihau
wa ba kulula: wa ba twala, ngazo zonke
izinsuku zakuqala.
10 Kodwa ba hlubuka, ba u tukute-
lisa umoya wake o ingcwele: ngako wa
penduka wa ba isita kubo, wa lwa nabo.
11 Wa zi kumbulake izinsuku zaku-
qala, uMosi, nabantu bake, e ti, Upi
yena obakipileyo elwandhle kanye no-
malusi womhlambi wezimvu zake na?
upi yena o m fake umoya o ingcwele
wake na?
12 Obaholileyo ngesandhla sokunene
sika Mosi na? ngomkono wake onzi-
ma, e hlukanisa amanzi ngapambi kwa-
bo, ukuba a zenzele igama elingapeli-
yo na?
13 Obaholileyo elwandhle, njengeha-
shi ehlane, ukuba ba nga kubeki na?
14 Njengokwehla kwesilwane esigo-
dini, umoya ka Jehova wa m pumuza;
njaloke wa hola abantu bako, ukuba u
zenzele igama elidumileyo.
15 Bheka u sezulwini, u bone u senda-
weni yako yobungcwele nodumo: kupi
ukwenama namandhla ako na? uku-
nyakaza kwamatumbu ako nomusa wa-
ko nga kimi na?
16 Impela u ngubaba wetu, noko
uAbrahama e nga sazi, noIsraeli e nga
si vumanga: Wena, Jehova, u ngu-
baba wetu, umkululi wetu; igama lako
li mi kade.
17 O Jehova, u seduseleni ezindhleleni
zako, wa zenza lukuni izinhliziyo zetu
ekwesabeni wena na? Buya ngenxa
yezinceku zako, aba isizwe sefa lako.
18 Abangcwele bako ba li fuye isika-
tyana nje: izita zetu zi i bidhlizile
indhlu yako e ingcwele.
19 Tina si ngabako: a u bonange u ba
busa bona; a ba bizwanga bona nge-
gama lako.

## ISAHLUKO 64.

SENGATI u nga dabula amazulu, we-
hle, nezintaba zi bidhlike ngenxa yo-
bukona bako,
2 Njengokutya komlilo oncibilikisayo,
umlilo obilisa amanzi, ukuliveza obala
igama lako ezitеni zako, nezizwe zi tu-
tumele ngobukona bako?
3 Lapo wa wenza okusabekayo e be si
nga ku bhekile, wehla wena, nezintaba
za bidhlika ngobukona bako.
4 Ngokuba iloku kwa vela izwe aba-
ntu ka bezwanga, na ngendhlebe, neso
ka li bonanga, Tixo, uwe wedwa, o bone
loko a m lungisele kona o m hlalelayo.
5 U ya hlangana naye o jabulayo no
wenzayo ukulunga, bona aba ku ku-
mbulayo ezindhleleni zako: bheka, u
tukutele; ngokuba sonile: kubona ku
hlala njalo, tina si sindiswe.
6 Kodwa tina sonke si njengento
engcolileyo, nokulunga konke kwetu ku
njengeziziba ezingcolileyo; nati sonke si
bunisa kwekasi; nezono zetu, njengo-
moya, zi si mukisile.
7 A kuko muntu o biza igama lako,
o zivusela ukubambelela kuwe ngokuba
u si tukusele ubuso bako, wa si qeda,
ngenxa yezono zetu.
8 Kodwa, manje, O Jehova, u ngu-
baba wetu; tina si ibumba, wena u
ngumbumbi wetu; nati sonke si ngu-
msebenzi wesandhla sako.
9 U nga tukuteli kakulu, O Jehova,
u kumbule ububi njalo njalo: Yebo,

bheka, si ya kuncenga, si nga bako sonke.

10 Imizi yako e ingcwele i ihlane, iZioni li ihlane, neJerusalema incitakalo.

11 Indhlu yetu enhle ne ingcwele, lapo obaba ba be ku dumisa kona, i qediwe ngomlilo: nezinto zetu zonke ezinhle zi citekile.

12 U ya kuzibamba ngenxa ya lezizinto kambe, O Jehova na? u ya kusitulela, u si hlupe kakulu na?

## ISAHLUKO 65.

NGI funwa ibona aba be nga ngi celanga: ngi tolakele kubona aba be nga ngi funi: Nga ti, Bheka mina, bheka mina, kuso isizwe e be si nga bizwa ngegama lami.

2 Ngi zelulile izandhla zami lonke usuku kubantu abahlubukileyo, aba hamba ngendhlela engalungile, ngemicabango yabo;

3 Abantu aba ngi vukela njalo ngolaka eduze; aba hlabela emasimini, naba tyisa impepo pezu kwamalati esitini;

4 Aba hlala ematuneni, bake ezintabeni, abadhla inyama yezingulube, nomhluzi wezinto ezinengekayo u sezityeni zabo.

5 Aba ti, Yima wedwa, u nga sondeli kimina; ngokuba ngi ngcwele ku nawe. Loku ku ngumusi ekaleni lami, umlilo otyayo lonke usuku.

6 Bheka, ku lotyiwe ngapambi kwami: A ngi i ku tula, kodwa ngi pindise, yebo ngi pindisele ezifubeni zabo.

7 U tyo uJehova ukuti, Izono zenu kanye nezono za oyihlo, aba tyisileyo impepo ezintabeni, be ngi tuka ezintatyaneni: ngakoke ngo ba linganisa ezifubeni ngomsebenzi wabo wokuqala.

8 U tyo loku uJehova ukuti, Njengewaini elitya li tolwa esixukutwini, omunye a ti, U nga si bulali; ngokuba isibusiso si kuso: ngo kwenze njalo ezincekwini zami, ukuze ngi nga zi bulali zonke.

9 Ngi ya kuveza inzalo kuJakobe, na kuJuda umudhli wefa ezintabeni zami: nabaketiweyo bami ba ya ku li dhla, nezinceku zami zake kona.

10 iSharoni li ya kuba isibaya semihlambi, nesigodi sa kwaAkori indawo yokulala imihlambi yabantu bami aba ngi funileyo.

11 Kodwa inina abamdelayo uJehova, ni kohlwa intaba yami e ingcwele, ni lungisela lesosixuku isitebe, ni benzela na labo umnikelo wokupuza.

12 Ngako ngo ni misela inkemba, ni kotame nonke ekugwazeni: ngokuba lapo ngi bizayo, a ni pendukanga; nga kuluma, ka ni lalelanga: kodwa nenza ububi ngapambi kwamehlo ami, na keta kona e ngi nga ku tandiyo.

13 Ngako u tyo uJehova uTixo, Bheka, izinceku zami zi ya kudhla, kodwa ni lambe nina: izinceku zami zi puze, kodwa nina nome: izinceku zami zi jabule, kodwa nina ni jabe:

14 Bheka, izinceku zami zo hlabelela ngenjabulo yenhliziyo, kodwa nina ni kale ngenhlupeko yenhliziyo, ni bubule ngokukatazeka komoya.

15 Ni li shiye igama lenu li be isituko kwabaketiweyo bami: ngokuba uJehova uTixo u ya kukubulala, a bize izinceku zake ngelinye igama:

16 Ukuze yena o zibusisayo emhlabeni a zibusise kuTixo weqiniso; naye o fungayo emhlabeni a funge ngoTixo weqiniso; ngokuba izinhlupeko zakuqala zi kohlakele, na ngokuba zi tukusiwe emehlweni ami.

17 Ngokuba, bheka, ngi ya lenza izulu elitya nomhlaba omutya: okwakuqala ku ngabe ku sa kunjulwa, ku catyangwe ngako.

18 Kodwa jabulani ni tokoze njalo njalo ngako e ngi kwenzayo: ngokuba, bheka, ngi yenza injabulo eJerusalema, nabantu balo intokozo.

19 Ngi jabule ngeJerusalema, ngi tokoze ngabantu bami: ku nga be ku sezwakala izwi lokulila ku lona, nezwi lokukala.

20 Ku nga be ku sa ba biko ingane yezinsuku, nexegu eli nga zi gcwalisile izinsuku zalo; ngokuba ingane i ya kufa i ikulu iminyaka yayo: kodwa isoni si neminyaka e ikulu si tukwe.

21 Ba zake izindhlu, ba hlale kuzona; ba tyale izivini, ba dhle izitelo zazo.

22 A ba i kwaka ku hlale omunye: a ba i ku tyala, ku dhle omunye; ngokuba njengezinsuku zomuti, zi njalo ne zabantu bami, nabagcotyiweyo bami ba jabule ngesikati eside umsebenzi wezandhla zabo.

23 A ba i ku sebenzela ize, ba veze inhlupeko; ngokuba ba inzalo yababusisiweyo baka Jehova, nenzalo yabo kanye nabo.

24 Ko ti be nga ka bizi, ngi pendule; na lapo be sa kuluma, ngi zwe.

25 I dhle ndawonye impisi necwane, ibubesi li dhle utyani njengenkabi: notuli lu be ukudhla kwenyoka. A zi i ku limaza zi bulale kuyo yonke intaba yami e ingcwele, u tyo uJehova.

## ISAHLUKO 66.

UTYO loku uJehova, Izulu li isihlalo sami sobukosi, nomhlaba u isigqiki sezinyawo zami: ipi indhlu eni yakela mina na? nendawo yami yokupumula ipi na?

2 Ngokuba zonke lezo zinto zenziwe isandhla sami, nako konke loko kwenzakala, u tyo uJehova: kodwa ngo bheka ku lomuntu kuyena ompofu nonhliziyo i tambile, e tutumelayo ngezwi lami.

3 Yena o bulala inkabi kungati u bulala umuntu nje: naye ohlabayo icwane kungati u nquma intamo yenja nje: no yisa iminikelo kungati igazi lengulube nje; yena o tyisa impepo kungati u bonga isitombe nje: Yebo ba zi ketele izindhlela zabo nomphefumlo wabo u jabula ebubini babo.

4 Ngi ba ketele nami izinkohliso zabo, ngi buyisele pezu kwabo izesabiso zabo; ngokuba nga biza, a kwa pendula muntu; nga kuluma ka bezwanga: benza ububi ngapambi kwamehlo ami, ba keta e ngi nga ku tandiyo.

5 Yizwani izwi lika Jehova, nina eni tutumelayo ngalo; Abafo wenu abanizondileyo, abanikipileyo ngenxa yegama lami, ba ti, Ma ka dunyiswe uJehova: kodwa a velise ukutokoza kwenu bona ba jabe.

6 Izwi lomsindo li vela emzini, izwi li puma etempeleni, izwi lika Jehova li pindisela izita zake.

7 E nga ka miti, wa zala; ku nga ka fiki ubuhlungu bake wa zala umntwana wesilisa.

8 Ubani okuzwileyo okunjena na? Ubani okubonileyo na? Umhlaba u ya kuveliswa suku lunye na? Isizwe si zalwe kanye kanye na?. Ngokuba li te li mita iZioni, la zala abantwana balo.

9 U tyo uJehova, ngi ya kumitisa ngi nga zalise na? Ngi ya kumitisa ngi buye ngi vale embundwini na? U tyo uTixo wako.

10 Jabulani kanye neJerusalema, ni tokoze kanye nalo, nina nonke e ni li tandayo: jabulani ngentokozo kanye nalo, nina nonke e ni lilelayo.

11 Ukuze ni ncele, ni deliswe izifuba zenduduzo yake; ukuze ni kipe ubisi, ni jabule ngobuningi bodumo lwake.

12 Ngokuba u tyo loku uJehova, Bheka, ngo mandisela ukutula njengomfula, nodumo lwabezizwe njengomfulana ogijimayo: ni ncele nina, ni godhlwe ezinhlangotini zalo, ni dhlaliswe ematangeni 'alo.

13 Njengaye o duduzwa unina, njalo ngo ni duduza mina; ni duduzeke na seJerusalema.

14 Na lapo ni kubonayo loku, inhliziyo yenu i tokoze, namatambo ako a mile njengomuti; nesandhla sika Jehova saziwe ngasezincekwini zake, nolaka lwake ngaseziteni zake.

15 Ngokuba, bheka, uJehova wo fika e pete umlilo, nezingcwele zake njengesivunguvungu ukuluveza ngamandhla ulaka lwake, nokukuza kwake ngamalangabi omlilo.

16 Ngomlilo na ngenkemba, uJehova u ya kumela bonke abenyama; na ba buleweyo nguJehova.

17 Ba ya kuzigcoba, ba zi hlanzisise emasimini ngasemva komuti munye ngapakati kwawo, be dhla inyama yengulube, nokunengekayo: nempuku ku qedwe kanye kanye, u tyo uJehova.

18 Ngokuba ngi ya yazi imisebenzi yabo nemicabango yabo: ko fika ukubuta kwami zonke izizwe nezilimi, zi fike zi bone udumo lwami.

19 Ngi beke isibonakaliso ngapakati kwabo, ngi tume bona abapunyukayo ezizweni, kuTarshishi, noPuli, noLudi, abadonsa umcibityelo, kuTubali, noJavani eziqingini ezi kude, ezi nga luzwanga udumo lwami, zi nga bonanga nobukulu bami; ba bonakalise udumo lwami kwabezizwe.

20 Ba lete bonke abafo wenu ba be umhlabelo kuJehova ezizweni zonke pezu kwamahashi, na sezinqoleni, na semibedeni, na pezu kwezimbongolo, na pezu kwezilwane ezigijimayo, ba ku lete entabeni yami e ingcwele eJerusalema u tyo uJehova, njengabantu baka Israeli be zisa umnikelo ngesitya esimhlope endhlini ka Jehova.

21 Ngi tate na kubona ba be abaprlsti nabaLevi, u tyo uJehova.

22 Ngokuba njengezulu elitya, nomhlaba omutya, e ngi ya kuwenza, u ya kuma ngapambi kwami, u tyo uJehova, njalo inzalo yako, negama lako li me.

23 Ko ti njalo ukwetwasa kwenyanga ku kwetwasa enye ngesabata elinye

ku ze ku fike elinye njalo, inyama yonke i ya kufika i dumise ngapambi kwami, u tyo uJehova.

24 Ba ya kupuma, ba zi bhekisise izidumbu zabo aboniléyo kimina: ngokuba izimpetu zabo a zi yi kufa, nomlilo wabo u citywe! ba be isinengiso kuyo yonke inyama.

---

INCWADI YOMPROFETI

# UJEREMIA.

## ISAHLUKO 1.

AMAZWI ka Jeremia, indodana ka Hilkia, wabapristi ba seAnatoti, ezweni la kwaBenjamini,

2 Okweza kuye izwi lika Jehova emihleni ka Josia, indodana ka Amoni, inkosi ya kwaJuda, ngomnyaka weshumi nantatu wokubusa kwake.

3 Leza na semihleni kaJehoakimu, indodana ka Josia, inkosi ya kwaJuda, kwa za kwa pela umnyaka weshumi nanye ka Zedekia, indodana ka Josia, inkosi ya kwaJuda, kwa za kwa tunjwa iJerusalema ngenyanga yesihlanu.

4 Leza kimi izwi lika Jehova, li ti,

5 Ngi nga ka kwenzi esiswini nga kwazi; u nga ka pumi esiswini nga kwenza wa ngcwele, nga ku beka u be umprofeti wezizwe.

6 Nga ti, Au, Nkosi Jehova, bheka, a ngi kwazi ukukuluma; ngi umntwana.

7 Kepa uJehova wa ti kimi, U nga tyo ukuti, Ngi umntwana: Ngokuba u ya kuya kubo bonke engi ya kukutuma kubo, nako konke engi ya kukuyala kona wo ku shumayela.

8 U ngesabi ubuso babo; ngi nawe ukuba ngi ku sindise, u tyo uJehova.

9 Kona uJehova wa selula isandhla sake, wa tinta umlomo wami. Wa ti uJehova kimi, Bheka, ngi bekile amazwi ami emlonyeni wako.

10 Bonake, ngi ku misile namhla pezu kwezizwe na pezu kwemibuso, ukuba xotye, u qede, u bulale u cite, wake u tyale.

11 La buya leza kimi izwi lika Jehova, li ti, Jeremia, u bonani? Nga ti, Ngi ya bona uswazi lwealmondi.

12 Wa ti uJehova kimi, U bonile kahle; ngi ya kulinda izwi lami, ngi lenze.

13 La buya leza kimi izwi lika Jehova ngokwesibili, li ti, U bonani? Nga ti, Ngi bona imbiza ebilayo; ubuso bayo bu bheka ngasenyakato.

14 uJehova wa ti kimi, Okubi ku ya kuvela ngasenyakato, ku fike kubo bonke abantu bezwe.

15 Bheka, ngi ya kubiza izizwe zonke zemibuso ya senyakato, u tyo uJehova; ba ya kuza, ba beke ngabanye izihlalo zabo nga semasangweni a seJerusalema, na kuzo zonke izindonga za kona, na kuyo yonke imizi ya kwaJuda.

16 Ngi ya kubalahla ngako konke okubi kwabo; ngokuba ba ngi delile, impepo ba i tyisele abanye otixo ba bonga imisebenzi yezandhla zabo.

17 Bopa izinkalo zako, u suke, u kulume kubo konke engi ya kukuyala kona; u ngesabi ubuso babo, funa ngi kwesabise pambi kwabo.

18 Bheka, mina ngi kwenzile namhla u be umuzi ovikelweyo, nensika yensimbe, utango lwetusi kulo lonke izwe kuwo amakosi a kwaJuda kuzo izinduna zalo, kubapristi balo, na kubantu bezwe.

19 Ba ya kulwa nawe, kodwa a ba yi kukwahlula; ngokuba ngi nawe ukuba ngi ku sindise, u tyo uJehova.

## ISAHLUKO 2.

IZWI lika Jehova la buya leza kimi li ti,

2 Hamba, u memeze ezindhlebeni zeJerusalema, u ti, U tyo uJehova, u ti, Ngi ya ku kumbula, ubunene bobutya bako, utando lokwendiswa kwako, ukungilandela kwako ehlane, ezweni eli nga linywayo.

3 uIsraeli u ingcwele kuJehova, ulibo lwezitelo zake; bonke aba m dhlayo ba yona; ba ya kwehlelwa usizi, u tyo uJehova.

4 Yizwani izwi lika Jehova, Ndhlu ka Jakobe, nemindeni yonke yendhlu ka Israeli.

5 U tyo uJehova u ti, Oyihlo ba fu-

mene icala lini kimi, ukuba besuke kude
nami, ba landele ubuula, ba pupuzele?
6 Aba tyongo ukuti, Upi uJehova, owa
si kupula ezweni la sEgipite, owa si hola
ehlane, ezweni lezingwadule nemigodi,
ezweni lokomisa neletunzi lokufa, ezwe-
ni eli nga hanjwa muntu, eli ngakiwa
muntu?
7 Nga ni ngenisa ezweni eli vundileyo,
ukuba ni dhle izitelo zalo, nobuhle balo;
kepa na ngena na lona izwe lami, nenza
ifa lami li nengeke.
8 Abapristi a ba tyongo ukuti, Upi
uJehova? nabapata umteto ba be nga
ngazi; nabalusi ba ngi hlubuka, naba-
profeti ba profeta ngoBali; ba ku landela
oku nge nakusiza.
9 Ngako ngi ya kupikisana nani, u tyo
uJehova, ngi ya kupikisana nabantwana
babantwana benu.
10 Welani ni ye emazweni a seKitimi,
ni bone; ni tume eKedari, ni qonde ka-
hle, ni bone ukuba ya ke ya ba kona
into enje na?
11 Isizwe sa ke sa pendula otixo ini;
nabo be ngesibo otixo; kepa abantu ba-
mi ba pendulile udumo lwabo lu be into
e nga siziyo.
12 Mangalani iloko, mazulu! ni tutu-
mele, netuke, u tyo uJehova.
13 Ngokuba abantu bami benzile izinto
ezimbi ezimbili; ba ngi delile mina umto-
mbo wamanzi a pilayo, ukuba ba zimbele
imitombo, imitombo evuzayo, a nge hlale
kuyo amanzi.
14 uIsraeli u isigqili ini? u iso esa za-
lwa ekaya na? u tunjelwani na?
15 Izingonyama zi ya m konyela, zi
bodhle; za cita izwe lake; imizi yake i
tyile, ku nge ko owakileyo kuyo.
16 Abantwana ba seNofi, na ba se-
Tahapanesi ba ya kudhlela okakayini
lwako.
17 Ukumdela kwako uJehova, uTixo
wako, a ku kwenzelanga loku na? e sa
ku hola endhleleni.
18 Kaloku u nomsebenzi muni endhle-
leni e ya Egipite, ukuba u puze amanzi
a seSihori? u nomsebenzi muni endhle-
leni e ya eAsiria, ukuba u puze amanzi
omfula?
19 Ukona kwako ko ku luleka, noku-
hlubuka kwako ko ku jezisa, ukuba
wazi, u bone ukuti, ku into embi neba-
bayo ukumdela kwako uJehova uTixo
wako, nokuti ukungesaba a ku ko kuwe,
i tyo iNkosi uJehova wamabandhla.
20 Ngokuba, kade, wapulile ijokwe
lako, u gqabulile izibopo zako, u tyilo
wa ti, A ngi yi kukonza; ezintabeni
zonke ezinde, na pansi kwemiti yonke
eluhlaza, u ya cambalalisa okwesifebe.
21 Nga ku tyala ivini elihle, imbeu
elungileyo yodwa; yeka! u pendukile,
u igatya elibi kimi, levini lezizwe!
22 Noma u geza ngeniteri, u zitaba-
tele insipo eningi, ukona kwako ku
lotyiwe pambi kwami, i tyo iNkosi
uJehova.
23 U nga tyo kanjani ukuti, A ngi
ngcolile, a ngi ba landelanga oBali.
Bona indhlela yako esihlanjeni, wazi o
kwenzileyo; ikamelo lensikazi, eli ne-
jubane li vanganisa izindhlela zalo;
24 Imbongolo ya sendhle, i jwayela
ehlane. Ekukanukeni kwenhliziyo ya-
yo i ya sezela umoya; ubani o nga ku
vimbela? ukusondela kwayo bonke aba
i funayo a ba dinwa; ngenyanga yayo
ba ya kuifumana?
25 Linda unyawo lwako, funa lu nga
bi nasicatulo, nompimbo wako, u ngomi;
kepa u ti, Ku ize! Qa! ngi ya tanda
abezizwe, ngi ya kubalandela.
26 Njengesela li jabile nxa li funya-
nwa, ku njalo i jabile indhlu ka Israeli;
bona, namakosi abo, nezinduna zabo,
nabapristi babo, nabaprofeti babo;
27 Aba ti emtini, Wena u ngubaba
wetu; na setyeni, Wena u ngi zele. Ba
ngi fulatela, be nga ngi bheki; kepa
ngesikati sokuhlupeka kwabo ba ti,
Suka, u si sindise.
28 Bapi otixo bako, o zenzela bona?
ma ba suke beze, uma be nga ku sindisa
ngesikati sokuhlupeka kwako; ngo-
kuba njengobuningi bemizi yako, ba
ngako notixo bako, Juda.
29 Ni pikisanelani nami? nina nonke
nonile kimi, u tyo uJehova.
30 Ngi ba tyayile abantwana benu,
kepa ku ize; ukululeka a ba kwamke-
langa; inkemba yenu i ba dhlile aba-
profeti benu njengengonyama e citayo.
31 Nina sizukulwanendini! bhekani
izwi lika Jehova; be ngi ihlane ku-
Israeli na? nokuba be ngi izwe lobu-
mnyama? ba tyoloni abantu bami, Si
yeduka, a si yi kubuya si ze kuwe?
32 Intombi i nga kohlwa izivunulo
zayo na? nomlobokazi isibopo sake na?
kepa abantu bami ba kohliwe imi izi-
nsuku ezi nge nakubalwa.
33 Yeka! u ya lungisa indhlela yako
ukufuna utando; ku njalo u fundisile
nezindhlela zako okubi.

34 Na sezingutyeni zako ku funyenwe
igazi labantu abampofu aba nge nacala;
a ngi tyo ngi li fumene endaweni yoku-
panga, kodwa ku laba bonke.
35 Kepa u ti, A ngi nacala, nempela
ulaka lwake lu bohlile kimi; Bheka,
ngi ya kupikisana nawe ngokutyo kwa-
ko ukuti; A ngonanga.
36 U hambelani kangaka ngezindhlela
eziningi? u ya kujabiswa iEgipite nje-
ngokuba u jabisiwe iAsiria.
37 Na lapo u ya kupuma; izandhla
zako zi pezu kwekanda lako, ngokuba
uJehova e dela itemba lako, a u yi
kuba nenhlanhla kulo.

## ISAHLUKO 3.

KU tiwa, uma indoda i lahla umkayo,
a muke kuyo a be owenye indoda,
i ya kubuyela kuye na? a li yi konakala
lelozwe na? wena u pingile nabatandi-
weyo abaningi, kepa buyela kimi, u tyo
uJehova.
2 Bheka ezintabeni, u bone; ipi
indawo o nga lalwanga kuyo? nga se-
zindhleleni u ba hlalele okomArabi
ehlane; u lonile izwe ngokupinga kwa-
ko na ngokona kwako.
3 Kwa nqatyelwa ukuba li ne, a ya
bi ko nemvula yamuva; kodwa wa u
nobuso besifebe, wa nqaba ukuba nama-
hloni.
4 A u sa yi kukuleka kimi ini u ti,
Baba wetu wena, mhlobo wobutya
bami!
5 U ya kuba nolaka njalonjalo na? u
ya kulugodhla ku ze ku be pakade na?
bheka, u tyilo, wenzile okubi, wahlulile.
6 Wa ti kimi uJehova na sezinsu-
kwini zika Josia inkosi, U bonile loko
a kwenzileyo uIsraeli ohlubukileyo. U
yile ezintabeni zonke ezinde na pansi
kwemiti yonke eluhlaza, wa pinga kona.
7 E senzile konke loku, nga ti, Buyela
kimi. Kodwa ka buyanga. Wa bona
loku uJuda udade wabo ongatembekiyo.
8 Nga bona, noma be ngi m lahlile
uIsraeli ohlubukileyo ngokuba e pingile,
nga m nika incwadi yesahlukaniso, ka
sabanga uJuda udade wabo ongatembe-
kiyo kodwa wa ya wa pinga naye.
9 Kwa ti, ngokuzwakala kokupinga
kwake, wa lona izwe, wa pinga namatye
nemiti.
10 Noko ngako konke loku uJuda
udade wabo ongatembekiyo ka buyela-
nga kimi ngenhliziyo yonke, kepa ngo-
kuzenzisa, u tyo uJehova.
11 uJehova wa ti kimi, uIsraeli ohlu-
bukileyo u zilungisile ku noJuda onga-
tembekiyo.
12 Hamba, u wa memezele lawama-
zwi ngasenyakato, u ti, Buya, Israeli
ohlubukileyo, u tyo uJehova, a ngi yi
kukutukutelela: ngi nomusa, u tyo uJe-
hova, a ngi yi kuba nolaka ku ze ku be
pakade.
13 Li vume kodwa icala lako o wone
ngalo kuJehova uTixo wako, wa ya
izindawo zonke kwabezizwepansi kwe-
miti yonke eluhlaza, a ni lalelanga izwi
lami, u tyo uJehova.
14 Buyani, bantwana abahlubukileyo,
u tyo uJehova; ngokuba ngi umyeni
wenu; ngi ya kunitabata, a be munye
emzini, nababili esizweni, ngi ni zise
eZioni;
15 Ngi ni nike abalusi abenhliziyo ya-
mi, aba ya kunalusa ngokwazi na ngo-
kuqonda.
16 Ku za kuti, uxa nanda ni eume
ezweni, nga lezozinsuku, u tyo uJehova,
a ku sa yi kutyiwo ukuti, Umpongolo
wesivumelwano sika Jehova; a u sa yi
kungena enhliziyweni, u nga be u sa ku-
njulwa, u nga be u sa gcinwa; u nga be
u sa buya wenziwe.
17 Nga lesosikati iJerusalema li ya
kutiwa isihlalo sika Jehova; izizwe zo-
nke zi ya kubutana kulo, iJerusalema,
ngegama lika Jehova, zi nga be zi sa
hamba ngobulukuni benhliziyo yazo
embi.
18 Nga lezozinsuku abendhlu ka Juda
nabendhlu ka Israeli ba ya kuhamba
ndawonye, ba vele ezweni la senyakato
beze kanye kanye ezweni, enga ba nika
lona oyihlo li be ifa labo.
19 Kepa, nga ti, Ngi nga ku beka ka-
njani pakati kwabantwana, ngi ku nike
izwe elihle, ifa elihle kakulu ezizweni?
Nga se ngi ti, U ya ku ngi biza ngokuti,
Baba, u nga buyi u ngi fulatele.
20 Impela uma umfazi wa ke wa pata
indoda yake okomdimbili, kanjalo na ni
ngi patile okomdimbili, nina bendhlu ka
Israeli, u tyo uJehova.
21 Kwezwakala izwi ezintabeni, uku-
kala nokunxusa kwabantwana baka Isra-
eli, ngokuba bedukile, ba kohlwa uJe-
hova uTixo wabo.
22 Buyani, bantwana abahlubukileyo;
ngi ya kutetelela ukuhlubuka kwenu;
naku se si za kuwe, wena u nguJehova,
uTixo wetu.
23 Impela amagquma a ize, izintaba zi

umsindo, kepa ukusindiswa kuka Israeli
ku kuye uJehova, uTixo wetu.
24 Izitombe zi dhlile imisebenzi ya
obaba iloku sa zalwayo, izimvu zabo ne-
zinkomo zabo, abafana babo namanto-
mbazana abo.
25 A si lale pansi si jabile, si gutyuze-
lwe amahloni; ngokuba sonile kuJehova
uTixo wetu, tina nobaba betu, iloku sa
zalwa ku ze ku be namhla, si nga laleli
izwi lika Jehova uTixo wetu.

## ISAHLUKO 4.

UMA u ya kubuya, Israeli, u tyo uJe-
hova, buyela kimi; uma u susa ebu-
sweni bami izinto zako ezinengekayo, a
ku yi kuba ondindayo;
2 Kodwa, funga ngokuti, uJehova u
ya pila, ngeqiniso, ngomteto, na ngoku-
lunga; izizwe zonke zi ya kuzibusisa
ngaye, zi bonge ngaye.
3 U tyo uJehova kubantu ba seJuda
naba seJerusalema ukuti, limani insimu
yenu, ni nga hlwanyeli emeveni.
4 Zisokeleni kuJehova, ni suse ijwabu
lenhliziyo yenu, nina bantu baka Juda
nabake eJerusalema; funa ku pume ula-
ka lwami njengomlilo, lu tyise, ku nga
bi ko o lu cimayo, ngobubi bemisebenzi
yenu.
5 Memezelani kwaJuda, ni bazise naba
seJerusalema, ni kulume, ni tyaye iti-
longo ezweni, ni memeze ngamandhla,
ni ti, Butanani, si ngene emizini evike-
lweyo.
6 Pakamisani isiboniso si bheke eZi-
oni, ni baleke, ni nga libali; ngokuba
ngi ya kuleta okubi ku vela enyakato
nokucita okukulu.
7 Ingonyama i ya puma esihlahleni
sayo, nocita izizwe u sukile; u pumile
endaweni yake ukuba a cite izwe lako;
imizi yako i ya kuciteka, ku nga bi ko
muntu kuyo.
8 Ngaloku fakani indwangu yamasa-
ka, ni kale, ni bubule: ngokuba ulaka
olukulu luka Jehova lu nga buyi kiti.
9 Ku ya kuti nga lolosuku, u tyo uJe-
hova; inhliziyo yenkosi i ya kufa, ne-
nhliziyo yezikulu, abapristi betuke, na-
baprofeti ba tutumele.
10 Nga se ngi ti, Au, Nkosi Jehova,
impela u ba kohlisile kakulu lababantu
neJerusalema, u ti, Ni ya kuba noku-
tula, kepa inkemba i finyelele na se-
mpefumlweni.
11 Nga lesosikati ku ya kutyiwo kula-
babantu na seJerusalema ukuti, Umoya
otyisayo wezintaba za sehlane u yeza
entombini yabantu bami, ku nge siwo
owokwela nokuhlambulula.
12 Umoya omkulu o vela kona u
yeza kimi; na manje ngi ya kuba-
lahla.
13 Bheka, u yenyuka njengamafu, izi-
nqola zake zi njengezivunguvungu,
amahashi ake a namajubane ku nezi-
nkozi. Nako kitina, si citiwe.
14 Jerusalema, hlanza inhliziyo yako,
u kipe okubi, ukuba u sindiswe. Izi-
zindhlo zako ezimbi zi ya kuhlala ku-
we ku ze ku be nini na?
15 Loku izwi lomemezayo li vela eDa-
ni, nelobikayo usizi li vela entabeni ka
Efraimi.
16 Zi tyeleni izizwe, ni bike eJerusale-
ma; abaqameli ba vela ezweni eli kude,
ba memeza emizini ka Juda.
17 Njengabalinda insimu ba li pahlile,
ngokuba li ngi hlubukile, u tyo uJe-
hova.
18 Ukuhamba kwako nemisebenzi ya-
ko i kwenzele loku; loku ku ukona
kwako, impela ku ya baba, impela ku
finyelele na senhliziyweni yako.
19 Izibilini zami! izibilini zami! ngi
nobuhlungu enhliziyweni yami; inhli-
ziyo yami i ya bakuza; ngi nge tule,
ngokuba u zwile mpefumlo wami, uku-
kala kwetilongo, ukuhlaba umkosi we-
mpi.
20 Ku ya bikwa ukufa nokufa, izwe
lonke li citekile; izindhlu zami zi ya ci-
twa ngokuzumeka, otente bami ngoku-
pazima kweso.
21 Ngi ya kubona isiboniso, ngi zwe
ukukala kwetilongo ku ze ku be nini
na?
22 Impela abantu bami ba iziula, a ba
ngazi; ba ngabantwana aba izipukupu-
ku, a ba nakuqonda; ba hlakanipela
ukwenza okubi, kepa a ba kwazi ukwe-
nza okulungileyo.
23 Ngi kangela umhlaba, bheka, u ci-
tekile, u ze; ngi kangela nezulu, kepa a
kuko ukukanya kwalo.
24 Ngi kangela izintaba, bheka, zi ya
tutumela, namagquma onke a ya zama-
zama.
25 Ngi kangela, bheka, akuko muntu;
nezinyoni zezulu zi mukile.
26 Ngi kangela, bheka, izwe elivundi-
leyo se li ugwadule, nemizi yonke yalo i
bidhlikile, pambi kuka Jehova, pambi
kolaka lwake oluvutayo.
27 Ngokuba u tyilo Jehova ukuti,

Izwe lonke li ya kuciteka, kodwa a
ngi yi kuliqeda impela.
28 Nga loku umhlaba u ya kulila, izu-
lu li be mnyama; ngokuba ngi tyilo,
ngi ku misile, a ngi yi kupenduka, a
ngi yi kubuya kuko.
29 Umuzi wonke u ya kubaleka ngo-
msindo wabamahashi nabemicibityolo;
ba ya kungena emahlatini, benyukele
ematyeni; imizi yonke i ya kushiywa,
ku ngaki muntu kuyo.
30 U ya kwenzani, wena o za kucite-
ka? Noma u gqoka okubomvu, noma
u vata igolide, noma u huqa amehlo ako
ngomuti, u ya kuhloba ngeze; aba ku
tandayo ba ya kukudela, ba fune ukuba
u fe.
31 Ngi zwile izwi kungati elomfazi
obeletayo, ukukala kungati okwake ozi-
bulayo; izwi lendodakazi ya seZioni, e
hehezela, yelula izandhla zayo, i ti, Na-
ko kimina, umpefumlo wami u pela
mandhla ngenxa yababulali.

## ISAHLUKO 5.

GIJIMANI ezindhleleni za seJerusa-
lema, ni bone, nazi, ni cinge ezi-
talatini zalo, ukuba ni nga fumana
umuntu, ukuba ku kona o hamba ngo-
mteto, o funa iqiniso, ngi ze ngi li te-
telele.
2 Noma be ti, uJehova u ya pila, ba
funga amanga impela.
3 Jehova, amehlo ako a wa funi iqini-
so na? u ba tyayile, kodwa ka ba naka-
kela; u ba qedile, bala ukululekwa; be-
nzile ubuso babo bu be lukuni ku ne-
dwala, bala ukubuya.
4 Nga se ngi ti, Laba ba butakataka
bodwa, ba ya pukuzela; ka bazi indhle-
la ka Jehova, umteto ka Tixo wabo.
5 Ngi ya kuya kwabakulu, ngi kulu-
me nabo; bona ba yazi indhlela ka Je-
hova, umteto ka Tixo wabo; kepa ba-
pulile ijokwe kanyekanye, ba gqabulile
izibopo.
6 Ngako ingonyama ya sehlatini i ya
kubabulala, impisi ya sehlane i ba cite,
ingwe i qamele emizini; bonke abapu-
mayo ba ya hxetyulwa; ngokuba ukwe-
duka kwabo ku vamile, kwanda uku-
hlubuka kwabo.
7 Ngi nga ku tetelela kanjani na? aba-
ntwana bako ba ngi delile, ba funga aba
nge sibo oTixo; nga ba yala ngokuqini-
sa, kodwa ba pinga, ba kandana endhli-
ni yesifebi.
8 Ba njengamahashi akulupeleyo, be
ndinda; ilowo u kalela umfazi wowake-
lene naye.
9 Nga ngi nga ba tyayi nga loku ini?
u tyo uJehova; umpefumlo wami nga u
nga pindiseli esizweni esi nje na?
10 Yenyukelani ezindongeni zalo, ni
cite, kodwa ni nga qedi; nqumani ama-
gatya alo; a siwo aka Jehova.
11 Ngokuba abendhlu ka Israeli nabe-
ndhlu ka Juda ba ngi patisile okomdi-
mbili, u tyo uJehova.
12 Ba m pikile uJehova, ba ti, Ka se
ko; a si yi kwehlelwa usizi; a si yi ku-
bona inkemba nendhlala.
13 Abaprofeti ba ngumoya, izwi a li
ko kubo; a ku be njalo kubo.
14 Ngako u tyo uJehova, uTixo wa-
mabandhla, u ti, Loku ni tyilo lelizwi,
bheka, ngi ya kwenza amazwi ami a be
umlilo emlonyeni wako, ngi benze laba
bantu ba be izinkuni, u ya kubadhla.
15 Bhekani, nina bendhlu ka Israeli,
ngi ya ku ni fikela nesizwe sa kude, u
tyo uJehova; si isizwe esi namandhla,
si isizwe sa sendulo si isizwe e si lulimi
u nga lwazi, u ngezwe aba ku kulu-
mayo.
16 Iika labo lemicibityolo li njengetu-
na elivulekileyo, ba amaqawe bonke.
17 Ba ya kudhla amabele ako noku-
dhla kwako; ba ya kudhla amadodana
ako, namadodakazi ako; ba ya kudhla
izimvu zako nezinkomo zako; ba ya ku-
dhla ivini lako nomkiwane wako; ba ya
kucita ngenkemba imizi yako evikelwe-
yo, o bu temba kuyo.
18 Kepa na nga lezozinsuku a ngi yi
kuniqeda impela, u tyo uJehova.
19 Ku za kuti nxa ni tyo ukuti, U
senzeleleni konke loku uJehova uTixo
wetu? kona u ya kupendula a ti kubo,
Loku ni ngi delile, na konza otixo be-
zizwe ezweni la kini, ko ba njalo, ni ya
kukonza abezizwe ezweni eli nge silo
elenu.
20 Yityoni loku kwa Jakobe, ni ku
memezele kwa Juda, ni ti,
21 Yizwani loku, nina bantu aba izi-
ula, aba nge nakuqonda; ba namehlo,
kepa a ba boni; ba nezindhlebe kepa a
bezwa.
22 A ni yi kungesaba na; u tyo uJe-
hova; a ni yi kututumela pambi kwami
ini, mina enga beka isihlabati si be
umkaulo wolwandhle, umkaulo opakade,
olu nge dhlule kuwo? noma amaza alo
e guba, a ngenze luto; noma e duma, a
nge dhlule kuwo.

23 Kepa lababantu ba nenhliziyo ehlu-
bukayo nepikayo; ba hlubukile bemuka.
24 A ba tyo enhliziyweni yabo ukuti,
Si ya kumesaba uJehova uTixo wetu
opayo imvula, eyokuqala neyamuva nge-
sikati sayo, a si gcinele amasonto a misi-
weyo okuvuna.
25 Izipambuko zenu zi ni tiyele lezi-
zinto, izono zenu zi ni vimbele okuhle.
26 Ngokuba ku funyanwa ababi pa-
kati kwabantu bami; ba kotama njengo-
kuqamela kwabacupayo; ba beke ugibe,
ba bambe abantu.
27 Njengendhlu yezinyoni i gcwele
izona ku njalo izindhlu zabo zi gcwele
imfuyo edhliweyo; ngaloko ba abakulu
nabacebileyo.
28 Ba kulupele, ba ya kanya; ba gcwe-
le imisebenzi emibi; a ba kulumeli izi-
ntandane emacaleni azo, noko ba ne-
nhlanhla; a ba ba meli abampofu ngo-
mteto.
29 Nga ngi nga ba tyayi ngaloku ini?
u tyo uJehova; umpefumlo wami nga
u nga pindiseli esizweni esi nje na?
30 Kwenziwe ezweni into e isimanga-
liso nesabekayo.
31 Abaprofeti ba ya profeta amanga,
nabapristi ba hlanganyela nabo, naba-
ntu bami ba tanda ukuba ku be nje;
kepa ni ya kwenzani ekupeleni?

## ISAHLUKO 6.

PUMANI eJerusalema nina bantwana
baka Benjamini, ni baleke, ni tyaye
itilongo eTekoa, ni mise isiboniso eBeti-
hakeremi, ngokuba ku ye za okubi, ku
vela enyakato, nokucita okukulu.
2 Wena Ndodakazi ka Zioni, u idhle-
lo, eli patwa kahle.
3 Abalusi ba ya kuza kuyo nemihla-
mbi yabo; ba ya kumisa otente babo
ngakuyo inxa zonke, baluse ilowo enda-
weni yake.
4 Lungiselani ukulwa nayo; sukani,
senyuke emini; nako kitina, ngokuba
ilanga li pendukile, a ya geba amatunzi
okuhlwa.
5 Sukani, senyuke ebusukú, si cite izi-
godhlo zayo.
6 Ngokuba u tyo uJehova wamaba-
ndhla u ti, Gaulani imiti yayo, ni biyele
iJerusalema ngotango; iwo umuzi o za
kutyaywa; ku kona ukuhlupa kodwa
kuwo.
7 Njengomtombo u mpompoza ama-
nzi, kunjalo nawo u mpompoza ukona
kwawo; ku zwakala kuwo ukupanga
nokucita, ku kona ukufa, namanxeba
pambi kwami njalonjalo.
8 A ku lulekwe, Jerusalema, funa
inhliziyo yami i ku dele; funa ngi kwe-
nze u be ihlane, izwe eli ngakiwe muntu.
9 U tyo uJehova wamabandhla u ti, Ba
ya kukotoza insali ka Israeli njengevini;
buyisa isandhla sako njengomvuni e si
buyisela ezimbengeni.
10 Ngi ya kukuluma kobani, ngi qi-
nise, ba ze bezwe? bheka, indhlebe yabo
a i sokile, ba nge lalele; bheka, izwi lika
Jehova li jivazwa ibo, a ba li tandi.
11 Ngi gcwele ulaka luka Jehova; ngi
katele ukuzitiba; lu tele kubantwana
ngapandhle na sebandhleni lezinsizwa
kanyekanye; indoda i ya kutatyatwa
kanye nomkayo, omdala naye opele nge-
zinsuku.
12 Izindhlu zabo zi ya kunikelwa kwa-
banye, amazwe abo nabafazi babo kanye-
kanye, ngokuba ngi ya kuselulela isa-
ndhla sami kubantu ba lelizwe, u tyo
uJehova.
13 Ngokuba be panga bonke, abanci-
nyane nabakulu; abaprofeti nabapristi,
ba ya kohlisa bonke.
14 Ba sindisa kancane ingozi yendoda-
kazi yabantu bami, be ti, Ukutula, uku-
tula, kepa a ku ko ukutula.
15 Ba nga ba namahloni, ngokuba be-
nzile okuzondekayo, kepa a ba nawo
amahloni nakanye, a ba kwazi ukujaba;
ngako ba ya kuwa nabawayo, ngesikati
sokubahambela kwami, ba ya kukubeka,
u tyo uJehova.
16 U tyilo uJehova wa ti, Yimani ezi-
ndhleleni, ni bheke, ni buze izindhlela
za sendulo, ukuba i ipi indhlela elungi-
leyo, ni ze ni hambe ngayo, ni tolele imi-
pefumlo yenu ukupumula; kepa ba ti,
A si yi kuhamba ngayo.
17 Nga ni misela abalindi, ngi ti, La-
lelani ukukala kwetilongo; kepa ba ti,
A si yi kulalela.
18 Ngako yizwani, nina zizwe; yazi,
wena inhlangano, ukuba ku intoni pa-
kati kwenu.
19 Yizwa, mhlaba! Bheka, ngi zisa
okubi ku lababantu, izitelo zamacebo
abo, ngokuba be nga lalelanga amazwi
ami, nomteto wami, ba u delela.
20 Ngi nomsebenzi muni nempepo e
vela eSheba, nekane elihle eli vela ezwe-
ni eli kude? iminikelo yenu yokutya a
i tandeki, nemihlatyelo yenu a i mna-
ndi kimi.
21 Ngaloko u tyo uJehova u ti, Bheka,

ngi ya ba bekela lababantu izikubekiso,
oyise namadodana ba ya kukubeka
ndawonye pezu kwazo; abakeleneyo ba
ya kufa.
22 U tyo uJehova u ti, Bheka, ku ye
za abantu be vela ezweni la senyakato,
isizwe esikulu si puma emikaulweni yo-
mhlaba.
23 Ba ya pata umcibityelo nomkonto;
ba nonya, be ngenamusa; umsindo wa-
bo u dumisa okolwandhle, ba kwele ema-
hashini, be hleliwe njengabantu be hle-
lelwe ukulwa, ba hlasela kuwe, ndoda-
kazi ya seZioni.
24 Si zwile udumo lwabo; izandhla
zetu zi butakataka, si banjwa izinsizi,
nobuhlungu njengomfazi obeletayo.
25 Ni nga pumeli endhle, ni nga ha-
mbi endhleleni, ngokuba ku kona isi-
nkemba sesita nokwesabeka inxa zo-
nke.
26 Ndodakazi yabantu bami, gqoka
indwangu yamasaka, u bukuzeke emlo-
teni; yenza isililo njengesomtwana o
yedwa, ukukala okubabayo, ngokuba
umpangi u ya kusizuma.
27 Ngi ku bekile u be umlingi eba-
ntwini bami, aba itye legolide, ukuba
wazi u linge indhlela yabo.
28 Bonke ba ngabahlubuki abakulu,
abahlebi, itusi nensimbi; bonke ba nga-
bacitayo.
29 Imfuto i ya tya, ku puma umtofu
emlilweni wayo; umncibilikisi u ya nci-
bilikisa ngeze; ababi a ba kitywa.
30 Ku tiwa ba isiliva elidelelekileyo,
ngokuba uJehova e ba delele.

## ISAHLUKO 7.

IZWI eleza kuJeremia li vela kuJeho-
va li ti,
2 Yima esangweni lendhlu ka Jehova,
u memezele kona lelizwe, u ti, Yizwani
izwi lika Jehova, nina nonke ba kwa-
Juda, eni ngenile ngalawamasango uku-
ba ni m dumise uJehova.
3 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo
ka Israeli, u ti, Lungisani ukuhamba
kwenu nemisebenzi yenu, kona ngi ya
kunakisa ku lendawo.
4 Ni nga tembi lawamazwi amanga
okuti, Loku ku itempeli lika Jehova,
iko itempeli lika Jehova, iko itempeli
lika Jehova.
5 Kepa uma ni lungisisa ukuhamba
kwenu nemisebenzi yenu, uma ni pata-
na ngokomteto.
6 Uma ni nga hlupi owezizwe, nenta-
ndane, nomfelokazi; ni nga citi igazi eli
nge nacala ku lendawo, ni nga landeli
abanye otixo ni ze nonakale;
7 Kona ngi ya kunakisa ku lendawo,
ezweni enga li nika oyihlo benu, ku ze
ku be pakade.
8 Bheka, ni yetemba amazwi amanga
a nge nakusiza.
9 Ni ngeba ini, ni bulale, ni pinge, ni
funge amanga, ni m tyisele uBali impe-
po, ni landele abanye otixo eni nga ba-
ziyo?
10 Ni ze ni me pambi kwami ku le-
ndhlu, e bizwa ngegama lami, ni ti, Si
kululekile ukuba senze konke loku oku-
nengekayo?
11 Imbala lendhlu e bizwa ngegama
lami, se i umhume wabapangi emehlwe-
ni enu na? Bheka, nami ngi bonile, u
tyo uJehova.
12 Kepa hambani ni ye endaweni ya-
mi e seShilo, lapo nga misa kona igama
lami kuqala, ni bone engi kwenzileyo
kuyo ngenxa yokona kwabantu bami
abaIsraeli.
13 Kaloku, ngokuba ni yenza yonke
lemisebenzi, u tyo uJehova, ngi kulumi-
le kini, nga qinisa, kepa a ni zwanga;
nga ni biza, a ni sabelanga.
14 Ngako ngi ya kwenza ku lendhlu e
bizwa ngegama lami, eni temba kuyo,
na ku lendawo enga ni nika nina noyi-
hlo benu, njengaloku ngenza eShilo.
15 Ngi ya kunixotya ebusweni ba-
mi, njengaloku nga xotya abafo wenu
bonke, inzalo yonke ka Efraimi.
16 Ngako u nga ba kulekeli lababa-
ntu, u nga ba kaleli, u nga ba celeli,
u nga nxusi kimi, ngokuba a ngi yi
kukuzwa.
17 A u boni ini aba kwenzayo emi-
zini ka Juda na sezindhleleni za seJe-
rusalema?
18 Abantwana ba teza izinkuni, oyise
ba basa umlilo, abafazi ba xova inhla-
ma, benzele inkosikazi yezulu izinkwa-
na, ba telele abanye otixo iminikelo yo-
kupuza, ukuba ba ngi cunule.
19 Ba ngi cunula mina na? u tyo
uJehova. A ba zicunula bona ini ba ze
ba jabe?
20 Ngako iNkosi uJehova u tyo u ti,
Bheka, ulaka lwami nokutukutela kwa-
mi ku ya kutelwa ku lendawo, ebantwi-
ni, na sezinkomeni, na semitini ya se-
ndhle, na sezitelweni zomhlaba, ku vute
ku nga cinywa.
21 U tyo uJehova wamabandhla,

uTixo ka Israeli, u ti, Tabatani iminike-
lo yenu yokutya kanye nemihlatyelo
yenu, ni dhle inyama.
22 Ngokuba a ngi kulumanga noyi-
hlo benu, a ngi ba yalanga ngeminike-
lo yokutya nemihlatyelo msukwana
ngi ba kipa ezweni la sEgipite.
23 Kepa nga ba yalela loku, nga ti,
Lalelani izwi lami, ngi be uTixo wenu,
ni be abantu bami, ni hambe ngezi-
ndhlela zonke engi ni yalela zona, ukuze
ku be kuhle kini.
24 Kepa a ba lalelanga, a ba bekanga
indhlebe yabo; ba hamba ngamacebo
abo, ngobulukuni benhliziyo embi yabo,
ba fulatela be nga bheki pambili.
25 Iloku oyihlo ba puma ezweni la
sEgipite ku ze ku be namhla ngi tumile
izinceku zami zonke, abaprofeti, imihla
ngemihla ngokuqinisa.
26 Kepa a ba ngi lalelanga, a ba be-
kanga indhlebe; benza intamo yabo i be
lukuni, bona kakulu ku noyise babo.
27 Noma u kuluma kubo lawamazwi
onke, a ba yi kukuzwa; u nga ba biza,
kepa a ba yi kusabela kuwe.
28 U ya kutyo kubo u ti, Lesi si isizwe
esi nga laliyo izwi lika Jehova, uTixo
waso, si nga vumi ukululekwa; iqiniso
li nyamalele li nqamukile emlonyeni
waso.
29 Gunda izinwele zako, Jerusalema,
u zi lahle; wenze isililo ezindaweni ezi-
pakemeyo, ngokuba uJehova u si dubile
wa si lahla isizukulwane solaka lwake.
30 Ngokuba abantwana baka Juda
benzile okubi pambi kwami, u tyo uJe-
hova; ba bekile okunengekayo endhlini,
e bizwa ngegama lami, ukuba ba ingco-
lise.
31 Bakile izindawo ezipakemeyo za
seTofeti, eli sesihlanjeni sika Benhino-
mi, ukuba ba tyise amadodana abo na-
madodakazi abo ngomlilo into engi nga
ba yalelanga yona, ka i ngenanga enhli-
ziyweni yami.
32 Ngako bheka, ku yeza izinsuku, u
tyo uJehova oku nga sa yi kutiwa ngazo
iTofeti, neSihlambo sika Benhinomi,
kodwa ku ya kutiwa iSihlambo sokubu-
lawa; ku ya kumbelwa eTofeti ngokuba
ku nge ko enje indawo.
33 Izidumbu za lababantu zi ya kuba
ukudhla kwezinyoni zomkati nokwezi-
lwane zomhlaba, ku nga bi ko muntu o
zetusayo.
34 Ngi ya kutulisa emizini ya kwaJu-
da na sezindhleleni za seJerusalema
izwi lokwenama nezwi lokutokoza, izwi
lomyeni, nezwi lomlobokazi, ngokuba
izwe li ya kuciteka.

## ISAHLUKO 8.

NGA lesosikati, u tyo uJehova, ba ya
kukipa ematuneni amatambo ama-
kosi a kwaJuda, namatambo ezikulu,
namatambo abapristi, namatambo aba-
profeti, namatambo abantu ba seJerusa-
lema.
2 Ba weneke elangeni na senyangeni,
na sebandhleni lonke la sezulwini, otixo
aba ba tandayo, ba ba konza, ba ba
landela, ba ba funa, ba kuleka kubo; a
ka yi kubutwa, a ka yi kumbelwa; a ya
kuba umquba emhlabeni.
3 Ukufa ku ya kuketwa ku nokupila
ibo bonke abensali yabaseleyo ku lesisi-
zwe esibi, be sele ezindaweni zonke lapo
ngi ba xotyele kona, u tyo uJehova wa-
mabandhla.
4 Yityo kubo ukuti, uJehova u tyo
u ti, Abantu ba ya wa ba nga buyi ba
vuke na? umuntu u ya hlubuka a nga
buyi a buye na?
5 Po, lababantu ba seJerusalema ba
hlubukelani ngokuhlubuka okupakade?
ba bambelele kuyo inkohliso, bale uku-
buya.
6 Nga lalela, ngezwa; a ba kulumi ka-
hle; a muko umuntu o pendukayo ngo-
kona kwake, e ti, Ngenzeni? bonke ba
buyela ekuhambeni kwabo, njengebashi
li gijimela empini.
7 Indwa ya semoyeni i yazi izikati
zayo ezimisiweyo; amajuba namajiya-
nkomo nezinkonjane zi gcina isikati so-
kubuya kwazo, kepa abantu bami a ba
wazi umteto ka Jehova.
8 Po, ni tyoloni ukuti, Si hlakani-
pile, umteto ka Jehova u nati. Bheka,
imbala uti lwamanga lwababali lwenzile
amanga.
9 Abahlakanipileyo ba jabile, besaba
ba banjiwe; bheka, ba dubile izwi lika
Jehova; ba nokuhlakanipa kuni na?
10 Ngako abafazi babo ngi ya kubani-
ka kwabanye, namasimu abo kwababa-
nqobayo, ngokuba be panga bonke aba-
ncinyane nabakulu, abaprofeti naba-
pristi, bonke ba kohlisa,
11 Ba sindisa kancane ingozi yendoda-
kazi yabantu bami, be ti, Ukutula, uku-
tula, kepa akuko ukutula.
12 Nga be namahloni, ngokuba benzile
okuzondekayo, kepa a ba nawo amahloni
na kanye, a ba kwazi ukujaba; ngako

ba ya kuwa nabawayo; ngesikati soku
hanjelwa kwabo ba ya kukubeka, u tyo
uJehova.
13 Ngi ya kubaqeda impela, u tyo
uJehova; a ku yi kubako amavini evi-
nini, namakiwane emkiwaneni, ku ya
kuvutuluka amaqabunga; ngi ya kuba-
nika ababadhlulayo.
14 Si hlalelani na? butanani, a si nge-
ne emizini e vikelweyo, si tule kona,
ngokuba uJehova uTixo wetu u si tulisi-
le, u si puzisile amanzi obuti, ngokuba
sonile kuJehova.
15 Sa temba ukutula, kepa a ku ba-
ngako okuhle; sa temba isikati sokupila,
kepa bheka usizi.
16 Ku zwakele eDani ukukala kwa-
mahashi ake; izwe lonke li tutumela
ngokuhlokoma kokukala kwamahashi
ake a namandhla; beza ba qeda izwe
nako konke oku kulo, umuzi nabake
kuwo.
17 Ngokuba, bheka, ngi ya kutuma izi-
nyoka kini, amabululu, ezi nga unge-
kiyo, zi ya kuniluma, u tyo uJehova.
18 Ukwenama kwami ku usizi, inhli-
ziyo yami i pelamandhla.
19 Nanti izwi lokukala kwendodakazi
yabantu bami, li vela ezweni eli kude, li
ti, uJehova a ka ko eZioni na? inkosi
yalo a i ko kulo na? ba ngi cunuleleni
ngezitombe zabo, na ngoku ize kwabezi-
zwe?
20 Ukuvuna ku pelile, ihlobo li dhlu-
lile, kepa tina a si sindisiwe.
21 Ngengozi yendodakazi yabantu
bami ngi nengozi, ngi ya lila ngi banjwe
okwesabekayo.
22 A ku ko ibalsamu eGiladi na? a ku
ko inyanga kona na? Po, a i sindiswa
ngani indodakazi yabantu bami na?

## ISAHLUKO 9.

KU nga ti ikanda lami be li ngamanzi,
namehlo ami a be umtombo wezi-
nyembezi, ukuba ngi kale emini na se-
busuku ngababuleweyo bendodakazi ya-
bantu bami.
2 Ku nga ti nga ngi nendawo ehlane
yoku ba ku ngenise izihambi, ukuze ngi
ba shiye abantu bami, ngi muke kubo;
ngokuba be ngabapingi bonke, ibandhla
lamashinga.
3 Ba goba ulimi lwabo, umcibityolo
wabo wokukohlisa; a bahluli ngeqiniso
emhlabeni, kepa ba suka ekoneni, ba
ye ekoneni, a ba ngazi mina, u tyo
uJehova.
4 Xwayanani, ni ngetembi namunye
kubafo wenu, ngokuba abafo wenu
bonke ba ya kohlisa, nabo bonke aba-
keleneyo ba ya hlebana.
5 Ba kohlisana, a ba kulumi iqiniso;
ba fundisile ulimi lwabo ukukuluma
amanga, ba diniwe ngokwenza okubi.
6 Ukwaka kwako ku pakati kwenko-
hliso; ngenkohliso ba yala ukungazi, u
tyo uJehova.
7 Ngako u tyo uJehova wamabandhla
u ti, Bheka ngi ya kubancibilikisa, ngi
ba linde, ngokuba ngi ya kwenzenjani
ngenxa yendodakazi yabantu bami?
8 Ulimi lwabo lu umcibi yolo woku-
bulala; ba kuluma inkohliso; ngo-
mlomo ba kuluma kahle nabakelene
nabo, kepa ngenhliziyo ba ya cupa.
9 Nga ngi nga ba tyayi nga loku na?
u tyo uJehova; umpefumlo wami, nga
u nga pindiseli esizweni esi nje na?
10 Ma ngi kale, ngi bubule ezintabeni,
ngi lile emadhlelweni a sehlane, ngo-
kuba a citekile ku nge ko muntu o
hamba kuwona; a kezwa ukukonya
kwezinkomo, ku balekile nezinyoni
zomkati nezilwane, zi mukile.
11 Ngi ya kulenza iJerusalema li be
izinqwaba zamatye, indawo yamanke-
ntyane; ngi ya kucita imizi ya kwa
Juda, i nga bi namuntu.
12 Umupi umuntu ohlakanipileyo, o
qonda loku na? ubani lo o kulume kuye
umlomo ka Jehova, ukuze a ku tyo?
izwe la citekelani, lonakala njengogwa-
dule; ku nga bi ko muntu odhlulayo?
13 uJehova wa ti, ngokuba be shiyile
umteto wami, enga u beka pambi kwabo,
a ba lalelanga izwi lami, a ba hambanga
ngalo;
14 Ba landela ubulukuni benhliziyo
yabo, noBalami, aba ku fundiswa oyise
babo;
15 Ngako u tyo uJehova wamaba-
ndhla, uTixo ka Israeli, u ti, Bheka,
ngi ya kubadhlisa lababantu umhlo-
nyane, ngi ba puzise amanzi obuti.
16 Ngi ya kubahlakazela ezizweni,
aba nga zaziyo bona noyise babo; ngi
ya kutuma inkemba emva kwabo, ngi
ze ngi ba qede.
17 U tyo uJehova wamabandhla, u ti,
Qondani, ni bize abesifazana besililo,
ukuba beze; tumani ni bize abesifazana
abahlakanipileyo ukuba ba fike;
18 Ba tyetye, ba si lilele ukuba ame-
hlo etu a pume izinyembezi, nezinkope
zetu zi vume amanzi.

19 Ngokuba ku zwakele izwi lokulila
li vela eZioni, li ti, Yeka, ukuciteka
kwetu, si jabile kakulu, ngokuba si
shiyile izwe, ngokuba be bidhlizile izi-
ndhlu zetu.
20 Kepa yizwani izwi lika Jehova,
nina besifazana, indhlebe yenu a ya-
mkele izwi lomlomo wake; fundisani
amantombazana enu ukulila, ni fundi-
sane ukukala.
21 Ngokuba ukufa ku yeza ezibu-
kweni zetu, ku ngena ezigodhlweni
zetu, ku qedile abantwana aba nga pa-
ndhle nezinsizwa ezi sezindhleleni.
22 Kuluma u ti; U tyo uJehova; Izi-
dumbu zabantu zi ya kuwa njengo-
mquba emhlabatini, na njengezixa
zamabele emva kovunayo, ku nga bi ko
obutayo.
23 U tyo uJehova u ti, Ohlakanipileyo
ka nga zigabisi ngokuhlakanipa kwake,
nonamandhla ka nga zigabisi ngama-
ndhla ake, nofuyileyo ka nga zigabisi
ngemfuyo yake.
24 Kodwa o zigabisayo ka zigabise nga
loku, ngokuqonda na ngokungazi ukuti,
ngi nguJehova owenza ububene, ukwa-
hlula nokulunga emhlabeni, ngokuba
ngi tanda loku, u tyo uJehova.
25 Bheka, ku yeza izinsuku, u tyo
uJehova, engi ya kutyaya ngazo bonke
abasokileyo ejwabini;
26 Aba sEgipite naba kwaJuda, naba
kwaEdomi, naba ka Amoni naba ka
Moabi; nabo bonke abapuculwa izilevu,
emacaleni, abakile ehlane; ngokuba lezi
zizwe zonke a zi sokile, nayo yonke
indhlu ka Israeli a i sokile ngenhliziyo.

## ISAHLUKO 10.

YIZWANI izwi a li tyiloyo kini, nina
ba kwaIsraeli.
2 U tyo uJehova u ti, Ni nga fundi
indhlela yabezizwe, ni ngesabi izibona-
kaliso za sezulwini, ngokuba abezizwe
ba ya zesaba.
3 Imikuba yabantu i ize, ku gaulwa
umuti ehlatini, umsebenzi wezandhla
zombazi, ngembazo.
4 Ba u hlobisa ngesiliva negolide, ba u
betela ngezipikili na ngezando, ukuba u
nga zamazami.
5 Lezizitombe zi njegezinsika ezibazi-
weyo, a zi kulumi; zi ya twalwa, ngo-
kuba a zi nakuhamba; ni nga zesabi,
ngokuba zi nge kwenze okubi, futi a
zi nakwenza okuhle.
6 A mu ko o ngangawe, Jehova,
u mkulu, negama lako li kulu ebuko-
sini.
7 Ubani o nge kwesabe wena, Nkosi
yezizwe, ngokuba ku ngokwako; kubo
bonke abahlakanipileyo bezizwe, na ku-
yo yonke imibuso yabo, a muko o nga-
ngawe.
8 Kodwa ba izipukupuku neziula
bonkana, ukufundisa oku ize, ku ngu-
muti.
9 Ku letwa izingqweqwe zesiliva zi
vela eTarshishi, negolide li vela eUfazi,
umsebenzi womkandi nowezandhla zo-
mbumbi; zi gqokiswa okuluhlaza noku-
bomvu, zonke zi umsebenzi wabalumbi.
10 Kepa uJehova u uTixo impela, u
uTixo opilayo, neNkosi ya pakade;
umhlaba u ya tutumela ngolaka lwake,
izizwe zi nge me ekutukuteleni kwake.
11 (Yityoni kubo ni ti, Otixo aba nge-
nzanga izulu nomhlaba ba ya kupela
emhlabeni na ngapansi kwezulu leli.)
12 Wenza umhlaba ngamandhla ake,
wa misa izwe ngokuhlakanipa kwake,
weneka izulu ngokuqonda kwake.
13 Ngokuduma kwezwi lake ku kona
amanzi maningi ezulwini, u kupula
inkungu emikaulweni yomhlaba; u ye-
nza unyazi nemvula; u ya kipa umoya
ezibekelweni zake.
14 Abantu bonke ba izipukupuku,
a ba nakwazi; bonke ababumba izito-
mbe ba jabile, ngokuba izitombe zabo zi
ngamanga, a ku ko moya kuzo.
15 Zi ize, umsebenzi wenkohliso; nge-
sikati sokuhanjelwa kwazo zi ya ku-
pela.
16 O isabelo sika Jakobe a si njenga-
zo; ngokuba yena u ngumenzi wezinto
zonke, uIsraeli u uhlanga lwefa lake:
igama lake uJehova wamabandhla.
17 Tabata umtwalo wako emhlabatini,
wena muntu ohlupekayo.
18 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Bhe-
ka, ngi ya ntyinga abantu ba lelizwe
nga lesisikati, ngi ba cindezele, ukuba
ba ku fumane.
19 Nako kimina ngokuciteka kwami,
ingozi yami i yesabeka; kepa nga ti,
impela loku ku usizi lwami, ngi ya ku-
qinisela kuko.
20 Utente wami u citekile; zonke izi-
ntambo zami zi gqabukile; abantwana
bami ba ngi shiyile, ka ba se ko; a ku
se ko namunye wokwelula utente wami
nokumisa amasaili ami,
21 Ngokuba abalusi ba izipukupuku,
a ba funisisi uJehova; ngako a ba na-

nhlanhla, umhlambi wonke wabo u hla-
kazekile.
22 Bheka, ku zwakele indaba nomsi-
ndo omkulu o vela ezweni la senyakato,
ku ti, imizi ya kwaJuda i ya kuba ihla-
ne, indawo yamankentyane.
23 Ngi yazi, Jehova, ukuti indhlela
yomuntu a siyo eyake; a si ko okomu-
ntu ohambayo ukuqondisa ukuhamba
kwake.
24 Ngi luleke, Jehova, kepa ngokufa-
neleyo kodwa, ku nga bi ngolaka lwa-
ko, funa u ngenze ngi nga bi into ya-
luto.
25 Tela ulaka lwako ezizweni, ezi nga
kwaziyo, na kwabemideni aba nga ku-
leki egameni lako, ngokuba be dhlile
uJakobe, yebo, ba mu dhla ba m qeda,
ba cita ikaya lake.

## ISAHLUKO 11.

IZWI ela fika kuJeremia, li vela ku-
Jehova li ti,
2 Yizwani amazwi a lesisivumelwano,
ni kulume kubantu ba kwaJuda na
kwabakileyo eJerusalema,
3 U ti kubo, U tyo uJehova, uTixo
ka Israeli, u ti, Ka tukwe lomuntu o
nga laleli amazwi a lesisivumelwano,
4 E nga ba yalela sona oyihlo, msu-
kwana ngi ba kipa ezweni la sEgipite,
eziko lensimbi, ngi ti, Lalelani izwi la-
mi, ni lenze ngako konke enga ni yalela
kona, kona ni ya kuba abantu bami, ngi
be uTixo wenu;
5 Ukuba ngi qinise isifungo enga si
fungayo koyihlo sokuti, ngi ya kubani-
ka izwe, eli vama ubisi nezinyosi, nje-
nga namhla. Nga se ngi pendula ngi
ti, Ameni, Jehova.
6 uJehova wa ti kimi, Memezela onke
lawamazwi emizini ya kwaJuda, na se-
zindhleleni za seJerusalema, u ti, Yi-
zwani amazwi a lesisivumelwano ni
wenze.
7 Ngokuba nga qinisa impela koyihlo
benu, msukwana ngi ba kipa ezweni
la sEgipite ku ze ku be namhla, nga qi-
nisisa nga ti, Lalelani izwi lami.
8 Kepa a ba lalelanga, a ba bekanga
indhlebe yabo; bonke ba hamba ngobu-
lukuni bezinhliziyo zabo ezimbi; nga
leta kubo onke amazwi a lesisivume-
lwano, enga ba yala ukuba ba wenze,
kepa a ba wenzanga.
9 UJehova wa ti kimi, Ku funyanwa
icebo ebantwini ba kwa Juda, na kwa-
bake eJerusalema.
10 Se be buyele ezonweni za oyise ba-
bo, abala ukuzwa amazwi ami; ba la-
ndele abanye otixo, ukuba ba ba konze;
aba kwaIsraeli naba kwaJuda beqile isi-
vumelwano enga senza noyise babo.
11 Ngako u tyo uJehova, u ti, Bheka,
ngi ya kuleta kubo okubi, aba nga yi
kuba nakupuma kuko; ba ya kukala
kimi, kepa a ngi yi kubezwa.
12 Kona imizi ya kwaJuda, nabake
eJerusalema ba ya kuya ba kale koti-
xo, aba ba tyisela impepo; kodwa a ba
yi kubasindisa ngesikati sokuhlupeka
kwabo.
13 Ngokuba njengobuningi bemizi
yako ba ngako notixo bako, Juda; na
njengobuningi bezindhlela za seJerusale-
ma, ni misele izitombe amalati, amalati
okutyisela uBali impepo.
14 Ngako u nga ba kulekeli lababantu,
u nga ba kaleli, u nga ba nxuseli, ngo-
kuba a ngi yi kubezwa msukwana be
kalayo kimi ngokuhlupeka kwabo.
15 Otandekayo wami u nomsebenzi
muni endhlini yami ukwenza amanyala?
ukunxusa nenyama engcwele i nga susa
okubi kuwe na? kona u nga tokoza.
16 uJehova wa qamba igama lako
Umhlwati oluhlaza, obukekayo, u nezi-
telo ezihle; ngokuhlokomo kokuduma
okukulu wa u tyisa, kwa puka amaga-
tya awo.
17 uJehova wamabandhla, owa ku tya-
layo, u tyilo okubi ngawe, ngenxa yo-
kubi kwaba kwaIsraeli nokwaba kwa-
Juda, aba zenzela okubi ngako, be ngi
cunula, ba tyisela uBali impepo.
18 uJehova wa ngi bonisa, nga bona;
kona wa ngi tyengisa imisebenzi yabo.
19 Kepa nga ngi njengemvu etambileyo,
e yiswa ekuhlatyweni, be ngi nga qondi
ukuti ba ngi cebele amacebo, be ti, A si
qede umuti nezitelo zawo; a si m nqa-
mule ezweni labapilayo, ukuba igama
lake li nga be li sa kunjulwa.
20 Kepa uJehova wamabandhla u ya-
hlula ngokulunga; u ya linga izibilini
nenhliziyo; ngi ya kubona ukupindisa
kwako kubo, ngokuba ngi bekile icala
lami kuwe.
21 Ngako u tyo uJehova ngabantu ba
seAnatoti aba funa ukukubulala, be ti,
U nga profeti ngegama lika Jehova, funa
u fe ngesandhla setu.
22 Ngako u tyo uJehova wamabandhla,
u ti, Bheka, ngi ya kubatyaya, izinsizwa
zi ya kufa ngenkemba; amadodana abo
namadodakazi abo a ya kufa ngendhlala.

23 A ku yi kusala namunye kubo,
ngokuba ngi ya kubehlisela abantu ba
seAnatoti okubi ngomnyaka wokutya-
ywa kwabo.

## ISAHLUKO 12.

UFUNGILE wena, Jehova, nxa ngi
pikisana nawe; ngi ya kukuluma
nawe ngokwahlula kodwa. Ukuhamba
kwababi ku nenhlanhla ngani na? bo-
nke ondimimbili ba hlezi kahle nga-
ni na?
2 U ba tyalile, ba gxilile; ba ya kula,
ba ya tela izitelo; u seduze nemilomo
yabo, kepa u kude nemibilini.
3 Wena, Jehova, u ya ngazi; u ngi bo-
nile; u ngi lingile inhliziyo yami ukuba
i njani kuwe; ba kipe njengezimvu zo-
kuhlatywa, u ba lungisele usuku loku-
hlatywa.
4 Izwe li ya kudabuka ku ze ku be
nini, ku bune okuluhlazi kwamasimu
onke? ngenxa yokona kwabakileyo ku-
lo, izinkomo nezinyoni zi ya qedwa;
ngokuba be ti, a ka yi kubona ukupela
kwetu.
5 Uma u gijimile nabezinyawo, ba ku
kataza, u ya kuncintisana kanjani na-
mahashi? na sezweni elitulileyo wa hla-
la kahle, kepa u ya kwenza njani eku-
kukumaleni kweJordani?
6 Ngokuba nabafo wenu nabendhlu
ka yihlo, nabo ba ku pete ngobundi-
mimbili; ba ku landele ngezwi elikulu:
u nga betembi, noma be kuluma okuhle
kuwe.
7 Ngi shiyile indhlu yami, ngi lahlile
ifa lami, ngi nikile otandwa umpefumlo
wami eziteni zake.
8 Ifa lami li njengengonyama e sehla-
tini kimi; li ngi konyele, ngako ngi li
zondile.
9 Ifa lami li inyoni e maqapaqapa ki-
mi, izinyoni ezi kona zi ya i vukela;
hambani, ni bute izilo zonke za sendhle,
ni zi lete ukuba zi dhle.
10 Abalusi abaningi ba qedile isivini
sami, ba nyatele isabelo sami, benzile
isabelo sami esihle si be ugwadule olu
nge naluto.
11 Ba si citile; si kala kimi, si citekile,
Izwe lonke li citekile ngokuba ku nge
ko o nakekelayo ngenhliziyo.
12 Abapangi ba fikile ezintabeni zo-
nke za sehlane, ngokuba inkemba ka
Jehova i ya qeda izwe lonke, ku suka
komunye umkaulo ku ze ku fike komu-
nye, ku nga bi ko mutu otulayo.
13 Ba tyalile amabele, kodwa ba ya
kuvuna ameva; ba zikatazile, kodwa a
ba yi kusizwa ngaluto; ni ya kujaba
ngenzuzo yenu ngenxa yolaka olufutayo
luka Jehova.
14 U tyo uJehova ngabo bonke abake-
lene nami, ababi, aba hlasela ifa, enga
li nika abantu bami, abaIsraeli, u ti,
Bheka, ngi ya kubakipa ezweni la
kubo, naba kwa Juda ngi ya kubakipa
ngapakati kwabo.
15 Ku ya kuti, se ngi ba kipile, ngi ya
kubuya, ngi ba haukela, ngi ba buyisele,
ku be ilowo efeni lake na sezweni la
kubo.
16 Ku ya kuti, uma be fundisisa
indhlela yabantu bami, ba funge igama
lami, be ti, uJehova u ya pila, njengalo-
ku be fundisile abantu bami ukufunga
uBali, kona ba ya kubekwa pakati kwa-
bantu bami.
17 Kepa uma be ngezwa, ngi ya kusi-
kipa impela lesosizwe, ngi si qede, u
tyo uJehova.

## ISAHLUKO 13.

UTYO uJehova kimi, u ti, hamba, u
zitengele ibande lelineni, u li fake
ezinkalweni zako, u nga li cwilisi ema-
nzini.
2 Nga li zuza ibande njengezwi lika
Jehova, nga li faka ezinkalweni zami.
3 La buya la fika kimi izwi lika Je-
hova ngokwesibili, li ti,
4 Tabata ibande o li tengileyo, eli se-
zinkalweni zako, u suke, u ye eUfrate, u
li fihle kona ofanteni lwetye.
5 Nga ya nga li fihla ngaseUfrate,
njengokutyo kuka Jehova kimi.
6 Kwa ti emva kwezinsuku eziningi,
uJehova wa ti kimi, Suka u ye eUfrate,
u suse kona ibande, enga ku yala ukuba
u li fihle kona.
7 Nga se ngi ya eUfrate, ngemba, nga
li susa ibande ku leyondawo lapo be ngi
li fihlile kona; kepa bheka, ibande la lo-
nakele, li nga fanele luto.
8 Kona izwi lika Jehova la fika kimi
li ti,
9 U tyo uJehova u ti, Ku njalo ngi ya
konakalisa ukuzidhla kuka Juda noku-
zidhla okukulu kweJerusalema.
10 Lababantu ababi abala ukuzwa
amazwi ami, aba hamba ngobulukuni
benhliziyo yabo, ba landela abanye otixo
ukuba ba ba konze, ba ba dumise, ba ya
kuba njenga lelibande eli nga fanele
luto.

11 Ngokuba njengebande li namatele ezinkalweni zomuntu, ngi namatelise kimi indhlu yonke ka Israeli, nendhlu yonke ka Juda, u tyo uJehova, ukuba ba be abantu bami, negama, nodumo, nobuhle, kepa a ba lalelanga.

12 U ya kutyo kubo lelizwi lokuti, U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, Izimvaba zonke zi ya kugcwaliswa ngewaini. Ba ya kuti kuwe, Impela a sazi ini ukuti, izimvaba zonke zi ya kugcwaliswa ngewaini?

13 Kona u ya kutyo kubo u ti, U tyo uJehova u ti, Bheka, bonke abakileyo kulelizwe, namakosi a hlala esihlalweni sobukosi sika Davida, nabapristi, nabaprofeti, nabo bonke abakileyo eJerusalema, ngi ya kubagcwalisa ngokudakwa.

14 Ngi ba pohlozanise, umuntu nomfo wabo, oyise nabantwana babo ndawonye, u tyo uJehova. A ngi yi kuba namusa, a ngi yi kubahaukela, a ngi yi kubadabukela, ukuba ngi nga ba citi.

15 Yizwani ni lalele, ni nga zidhli, ngokuba uJehova u tyilo.

16 Dumisani uJehova, uTixo wenu, e nga kenzi ubumnyama, izinyawo zenu zi nga ka kubeki ezintabeni zobumnyama, ni sa hlalela ukukanya, a ku pendule ku be itunzi lokufa, a kwenze ku be ubumnyama obunzima.

17 Kepa uma ni nga laleli, umpefumlo wami u ya kukala ngasese ngokuzidhla kwenu; iso lami li ya kulila li hlengezele izinyembezi, ngokuba ku tunjwa umhlambi ka Jehova.

18 Yityo kuyo inkosi na kuyo inkosikazi, ni ti, Hlalani pansi ni zitobe, ngokuba se ku wile emakanda enu umqele wodumo lwenu.

19 Imizi ya seningizimu i valiwe, ku nga vuli muntu, iJuda li tunjiwe lonkana, la tunjwa la za la pela.

20 Bhekani ni bone abezayo be vela enyakato. U pi umhlambi owa piwa wona, umhlambi wako omuhle?

21 U ya kutini nxa e ku hambela, ngokuba u ba fundisile ba be amakosi ako, ba ku buse; a u yi kukwehlelwa ubuhlungu njengobomfazi o beletayo na?

22 Nxa u ti enhliziyweni yako Ngehlelwe i lezizinto ngani na? Ngokona kwako okukulu izingubo zako zi penywe, nezitende zako zambulwe.

23 UmKushi a nga pendula umzimba wake na, ingwe i nga pendula amabala ayo na? kona ni ngenza okuhle nani, eni jwayele ukwenza okubi.

24 Ngi ya kubahlakaza njengamakoba a muka nomoya wehlane.

25 Iloku ku isabelo sako, okwako o ku linganiselwe imi, u tyo uJehova, ngokuba wa kohlwa imi, wa temba amanga.

26 Ngako nami ngi penyile izingubo zako ngapambili kwako, ukuba ku bonakale ihlazo lako.

27 Ngi bonile ukupinga kwako, nokukonya kwako, nokona kobufebe bako, amanyala ako ezintabeni endhle. Nako kuwe, Jerusalema, A ku yi kuhlambuluka ini, ko za ku be nini?

## ISAHLUKO 14.

IZWI lika Jehova ela fika kuJeremia ngokomisa kwezulu.

2 iJuda li dabukile, amasango alo a dangele; ba ya lila be hlala pansi; ukukala kuka Jerusalema kwenyukile.

3 Izikulu zalo zi tumile abancinyane balo ukuka amanzi, ba fika emacibini, ba fumana amanzi e nge ko, ba buya nezitya zabo zi ize; ba hlazeka, ba jaba, ba mboza amakanda abo.

4 Ngenxa yomhlabati, o dabukile, ngokuba ku nge ko imvula ezweni, abalimi ba jabile, ba mboza amakanda abo.

5 Nenyamazane i zele endhle, i shiyile izinyane ngokuba ku nge ko utyani.

6 Izimbongolo za sendhle zi mi emagqumeni, zi ya sezela umoya njengamankentyane; amehlo azo a pelile, ngokuba ku nge ko utyani.

7 Noma izono zetu zi si lahla, Jehova, sebenza ngenxa yegama lako; ngokuba si hlubukile kaningi, sonile kuwe.

8 Wena, Temba lika Israeli, Msindisi wake ngesikati sokuhlupeka, u njengongaziwayo ezweni ngani, na njengesihambi esi ngenisa ukuba si lale?

9 U njengomuntu o zunywa ngani, njengeqawe eli nge nakusindisa? kepa, wena, Jehova, u pakati kwetu, si bizwa ngegama lako; u nga si shiyi.

10 U tyo uJehova ku lababantu u ti, Ba tanda ukweduka okunje, a ba bambanga izinyawo zabo; ngako uJehova ka ba tandi; u se ya kukumbula okubi kwabo, a zi hambele izono zabo.

11 uJehova wa ti kimi, U nga ba kulekeli labantu okuhle.

12 Nxa be zila ukudhla, a ngi yi kuzwa ukukala kwabo, nanxa be nikela

imihlatyelo yokutya neminikelo yokudhla, a ngi nakuitanda, kodwa ngi ya kubaqeda ngenkemba, na ngendhlala, na ngokufa.

13 Nga se ngi ti, E, Nkosi Jehova, bheka abaprofeti ba ti kubo, A ni yi kubona inkemba, a ni yi kuba nendhlala, ngokuba ngi ya kuninika ukutula okuqinisekayo ku lendawo.

14 uJehova wa ti kimi, Abaprofeti ba profeta amanga ngegama lami; a ngi ba tumanga, a ngi ba yalanga, a ngi kulumanga kubo; ba profeta kini isiboniso samanga, nokubula, noku ize, nenkohliso yenhliziyo yabo.

15 Ngako u tyo uJehova ngabaprofeti, abaprofeta ngegama lami, noma ngi nga ba tumanga, ba ti, A ku yi kubako inkemba nendhlala ku lelizwe, u ti, Labaprofeta ba ya kuqedwa inkemba nendhlala.

16 Abantu abaprofeta kubo, ba ya kuntyingwa ezindhleleni za seJerusalema, ngenxa yendhlala nenkemba, ku nga bi ko muntu wokubambela, bona, nabafazi babo, namadodana abo, namadodakazi abo; ngi ya kutela pezu kwabo okubi kwabo.

17 U ya kutyo kubo lelizwi lokuti, Amehlo ami a ya kuhlengezela izinyembezi ebusuku na semini, a nga nqamuki; ngokuba intombi, indodakazi yabantu bami yapukile ngokwapuka okukulu, ngokutyaywa okukulu impela.

18 Uma ngi puma ngi ye endhle, bheka ababulewe ngenkemba, uma ngi ngena emzini, bheka izinsizi zendhlala; impela nomprofeti nompristi ba hambela ezweni, kepa a bazi luto.

19 U lahlile iJuda impela na? umpefumlo wako u nengwa iZioni na? po, u si tyayelene, si nga bi nakwelatywa; sa temba ukutula, kepa a kwa ba ko okuhle; sa temba isikati sokupila, kepa bheka usizi.

20 Si ya vuma, Jehova, ukudelela kwetu, ukona kobaba betu, sonile kuwe.

21 U nga si dubi ngenxa yegama lako, u nga hlazisi isihlalo sobukosi bako, kumbula, u ngapuli isivumelwano sako nati.

22 Ku kona ini kotixo aba ize bezizwe o nga nisa imvula na? izulu li nga zinisela imvula na? Wena a u siye, uJehova, uTixo wetu, si temba wena, ngokuba wenzile konke loku.

ISAHLUKO 15.

UJEHOVA wa ti kimi, Noma oMosi noSamueli be mi pambi kwami, inhliziyo yami i nge tande lababantu; ba kipe ebusweni bami ba suke.

2 A ko ti uma be ti kuwe, Si ya kuya ngapi na? u ti kubo, U tyo uJehova u ti, Aba miselwe ukufa a ba ye ekufeni, naba miselwe inkemba, a ba ye enkembeni, naba miselwe indhlala a ba ye endhlaleni, naba miselwe ukutunjwa, a ba tunjwe.

3 Ngi ya kubamisela izinhlobo ezine, u tyo uJehova, inkemba yokubulala, nezinja zokuhudula, nezinyoni zomkati, nezilo zomhlaba zokudhla zi qede.

4 Ngi ya kubanikela emibusweni yonke yomhlaba ukuba ba hlupeke, ngenxa ka Manasa, indodana ka Hezekia, inkosi ya kwaJuda, na ngenxa ya loko, a kwenzayo eJerusalema.

5 Ngokuba ubani o za kuba nomusa kuwe, Jerusalema, ubani o za kukuhaukela, ubani o za kupambukela ukubuza ukuba u hlezi kahle?

6 Wena u ngi lahlile, u tyo uJehova, wa buyela emuva; ngi ya kolula isandhla sami kuwe, ngi ku bubise; ngi katele ukuhaukela.

7 Ngi ya kubela ngeselo emasangweni ezwe; ngi ya kubamuka abantwana babo, ngi cite abantu bami, loku be nga buyi ezindhleleni zabo.

8 Abafelokazi babo ba vamile kimi ku nesihlabati solwandhle; ngi ba letele, kunina wabaketiweyo, umpangi, emini; nga mehlisela ngokuzuma uvalo nokututumala.

9 Yena owa zala aba isikombisa wa pela amandhla, wa fa: ilanga lake la tyona ku semini; wa hlazeka, wa jaba; abaseleyo kubo ngi ya kubanikela enkembeni pambi kwezita zabo, u tyo uJehova.

10 Nako kimina, mame, ngokuba u ngi zele ngi be umuntu wenkani, nomuntu wokupikisana nezwe lonke; a ngi tyelekanga muntu uto, a ngi tyelekanga uto kumuntu, kepa bonke ba ngi tuka.

11 uJehova wa ti, Impela ngi ya ku kataza ngokuhle kwako; impela ngi ya kwenza ukuba isita si ze si ku kulekele ngesikati sokubi na ngesikati sezinsizi.

12 Insimbi i ya kwapula insimbi ya senyakato netusi na?

13 Ngi ya kukunikela ku pangwe imfuyo yako nomcebo wako, ku nga bi

ngentengo, kepa ngenxa yezono zonke
zako, na semazweni onke ako.
14 Ngi ya kumukisa wena nezita zako,
ni ye ezweni o nga laziyo; ngokuba
umlilo u basiwe emakaleni ami, o ya
kunityisa.
15 U yazi, Jehova, ngi kumbule, u hambele
kimi, u ngi pindisele kwaba ngi
zingelayo; u nga ngi susi ekubekezeleni
kwako; yazi ukuti ngenxa yako
ngi hlazekile.
16 Nga fumana amazwi ako, nga wa
dhla; amazwi ako a ba kimi ukujabula
nokutokoza kwenhliziyo yami, ngokuba
ngi bizwa ngegama lako, Jehova, uTixo
wamabandhla.
17 A ngi hlalanga nebandhla labahlekayo,
a ngenamanga; nga hlala ngedwa
pambi kwesandhla sako, ngokuba u ngi
gcwalisile ngolaka.
18 Ubuhlungu bami bu kona njalonjalo
ngami, nenxeba lami li nge nakusinda,
li nqaba ukupola ngani na? u ya
kuba kimi njengomfula o kohlisayo,
amanzi a nqamukayo na?
19 Ngako u tyo uJehova u ti, Uma u
buya, ngi ya kukubuyisa u me pambi
kwami; uma u veza okuhle ku nga bi
nokubi, u ya kuba njengomlomo wami;
a ba buyele kuwe, kodwa u nga buyeli
kubo.
20 Ngi ya ku kwenza u be ku lababantu
utango lwetusi, olu vimbayo; ba ya
kulwa nawe, kepa a ba yi kwahlula;
ngokuba ngi nawe ukuba ngi ku sindise,
ngi ku kulule, u tyo uJehova.
21 Ngi ya kuku kulula esandhleni
sababi, ngi ku kipe emandhleni abapangayo.

ISAHLUKO 16.

IZWI lika Jehova la fika kimi li ti,
2 U nga tabati umfazi, u nga bi namadodana
namadodakazi ku lendawo.
3 Ngokuba u tyo uJehova ngamadodana
na ngamadodakazi a zalwa ku lendawo,
na ngonina aba wa beletayo, na
ngoyise aba wa zalayo ku lendawo,
4 U ti, Ba ya kufa ngezifo ngezifo; a
ba yi kulilelwa, a ba yi kumbelwa; ba
ya kuba njengomquba emhlabatini; ba
ya kuqedwa inkemba nendhlala; izidumbu
zabo zi ya kuba ukudhla kwezinyoni
zomkati nokwezilo zomhlaba.
5 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, U nga
ngeni endhlini yesililo, u nga yi ukubalilela,
u nga ba haukeli; ngokuba ngi
bamukile lababantu ukutula kwami, u
tyo uJehova, ubunene nomusa.
6 Ba ya kufa nabakulu nabancinyane;
a ba yi kumbelwa, a ba yi kulilelwa; ba
nga zisiki ba nga puci izinwele ngabo.
7 A ba yi kubahlepulela isinkwa esililweni
ukuba ba ba dabukela ngenxa
yabafileyo; a ba yi kubanika isitya
sokududuza ba puze, ngenxa ya oyise
nonina.
8 U nga ngeni endhlini yesidhlo ukuba
u hlale nabo ukupuza nokudhla.
9 Ngokuba u tyo uJehova wamabandhla,
uTixo kaIsraeli, u ti, Bheka, ngi
ya kutulisa kulendawo, na semehlweni
enu, na ngezinsuku zenu, izwi lokwenama,
nezwi lokutokoza, izwi lomyeni
nezwi lomlobokazi.
10 Ku za kuti, nxa u ba tyela lababantu
lawamazwi onke, ba ti kuwe, U tyoleni
uJehova loku okubi konke okukulu
ngati? ku ini ukushinga kwetu? ku ini
ukona kwetu esonile kuJehova uTixo
wetu ngako?
11 Kona yityo kubo u ti, Ku ngokuba
oyihlo benu be ngi lahlile, u tyo uJehova,
ba landela abanye otixo, ba ba konza,
ba kuleka kubo, ba ngi lahla, a ba
gcinanga umteto wami;
12 Nenzile okubi kakulu ku noyihlo
benu, loku ku ilowo kini u hamba ngobulukuni
benhliziyo embi yake, ukuba a
nga ngi laleli.
13 Ngako ngi ya kunikipa ku lelizwe,
ni ye ezweni eni nga laziyo, nina noyihlo
benu, ni konze kona abanye otixo
ngemini na ngobusuku, ngokuba ngi
nga yi kunihaukela.
14 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku,
u tyo uJehova, oku nga yi kutyiwo ngazo
ukuti, uJehova u ya pila, owenyusa
abantwana ba ka Israeli ezweni la sEgipite;
15 Kodwa ku ya kutyiwo ukuti, uJehova
u ya pila, owenyusa abantwana
ezweni la senyakato na samazweni onke
a ba xotyele kuwo; ngi ya kubabuyisela
ezweni lakubo, enga ba nika lona
oyise babo.
16 Bheka, ngi ya kutuma ngi bize
abalobi abaningi, u tyo uJehova; ba ya
kubaloba; ngasemva ngi ya kutuma
ngi bize amapisi amaningi, a ya kubazingela
ezintabeni zonke, na semagqumeni
onke, na semifanteni yamatye.
17 Amehlo ami a bheka izindhlela
zonke zabo, a ba sitele kimi, nokona
kwabo a ku fihleki emehlweni ami.
18 Kuqala ngi ya kubavuza kabili
ukushinga kwabo, nokona kwabo, ngo-

kuba be lonile izwe lami ngezidumbu
zezinto zabo ezizondekayo, ba gcwalisa
ifa lami ngezinto zabo ezinengekayo.
19 E Jehova, mandhla ami, nqaba yami,
Nkosi yami yokupepela ngosuku losizi;
abezizwe ba kufika kuwe be vela
ekugcineni komhlaba, ba ti, Obaba betu
ba dhlile ifa lamacebo odwa, noku ize,
nokungasiziyo.
20 Umuntu a nga zenzela ini otixo, a
ba nge sibo otixo?
21 Ngako, bheka, ngi ya bazisa nga
lesisikati, ngi ya bazisa isandhla sami
namandhla ami, ba ya kwazi ukuti, igama
li nguJehova.

## ISAHLUKO 17.

UKONA kuka Juda ku lotyiwe ngoti
lwensimbi, ngenhloko yendaimani;
ku lotyiwe esibhebheni senhliziyo yabo,
na sezimpondweni zamalati enu;
2 Abantwana babo be kumbula amalati
abo, nezitombe zabo zika Ashera
nga semitini eluhlaza, nga semagqumeni
amade.
3 Intaba yami kanye nezwe, imfuyo
yako nempahla yonke yako, ngi ya
kuinikela i pangwe, amagquma ako,
ngenxa yezono zako emazweni ako onke.
4 U ya kubuyisela ifa engi ku nikile
lona; ngi ya kukwenza u konze izita
zako ezweni o nga laziyo; Ngokuba ni
basile umlilo emakaleni ami o za kutya
ku ze ku be pakade.
5 U tyo uJehova, u ti, U ya tukwa lomuntu
o temba ebantwini, a yenze inyama
i be ingalo yake, onhliziyo yake i
muke kuJehova.
6 U ya kuba njengodingayo ehlane, e
nga boni nxa ku fika okuhle; u ya kuhlala
ezindaweni ezomileyo za sehlane,
ezweni eli usaoti, eli ngakiwa muntu.
7 U ya busiswa lomuntu o temba kuJehova,
o temba lake li nguJehova.
8 U njengomuti otyaliweyo nga semanzini,
owenabisa izimpande zawo nga
semfuleni, o ngesabi nxa ku fudumele,
iqabunga lawo li luhlaza, o nga bi naluvalo
nga lowomnyaka elomisa ngawo, o
nga nqamuki ukutela.
9 Inhliziyo i ya kohlisa ku nako konke;
yonakele kakulu; ubani o nga yaziyo.
10 Mina Jehova ngi hlola inhliziyo,
ngi linga izibilini, ukuba ngi pe ilowo
njengokuhamba kwake, njengokutela
kwemisebenzi yake.
11 Itendele li yondhla amazinyane eli
nga wa fukumelanga, u njengalo yena o
fuya imfuyo ngokungalungi; u ya ku i
shiya pakati kwezinsuku zake, ekupeleni
kwake u ya kuba isiula.
12 Sihlalo sobukosi, ukupakama na
sekuqaleni, ndawo engcwele yetu,
13 Temba lika Israeli, Jehova, bonke
aba ku 'lahlayo ba ya kujaba; aba ngi
shiyayo ba ya kulotywa emhlabatini,
ngokuba ba lahlile uJehova, umtombo
wamanzi agijimayo.
14 Ngi pilise, Jehova, ukuba ngi piliswe;
ngi sindise ukuba ngi sindiswe,
ngokuba wena u udumo lwami.
15 Bheka, ba ti kimi, Li pi izwi lika
Jehova na? a li ze manje.
16 A ngi pumanga ukuba ngi nga bi
umalusi wokukulandela; lolosuku losizi
a ngi lu funanga, u yazi wena; okupumayo
emlonyeni wami kwa ku lungile
kuwe.
17 U nga bi okwesabekayo kimi; u
inkosi yami yokupepela ngosuku olubi.
18 A ba jabe aba ngi zingelayo, ngi
nga jabiswa mina; a ba tyaywe uvalo,
mina ngi nga tyaywa ilo; behlisele
usuku olubi, u ba bulale ngokubulala
okubili.
19 U tyo uJehova kimi, u ti, Hamba,
u ye u me esangweni labantwana babantu
bami, a ngena ngalo amakosi a kwaJuda,
a puma ngalo, na semasangweni
onke a seJerusalema;
20 U tyo kubo, Yizwani izwi lika Jehova,
nina makosi akwaJuda, noJuda
wonke, nabo bonke abakileyo eJerusalemu
aba ngena nga lawamasango.
21 U tyo uJehova, u ti, Qapelani, ni
nga twali umtwalo ngosuku lwesabata,
ni nga u ngenisi ngamasango a seJerusalema;
22 Ni nga pumi nomtwalo ezindhlini
zenu ngosuku lwesabata, ni nga sebenzi
namunye umsebenzi, kepa gcinani isabata
li be ngcwele, njengaloku nga yala
oyihlo benu,
23 Kepa a ba lalelanga, a ba bekanga
indhlebe, benza lukuni intamo yabo,
ukuba ba ngezwa, ba nga lulekwa.
24 Ku za kuti, nxa ni ngi lalela kahle,
u tyo uJehova, ni nga ngeni nomtwalo
ngamasango a lomuzi ngosuku lwesabata,
kepa ni gcine usuku lwesabata, lu
be ngcwele, ni nga sebenzi namunye
umsebenzi ngalo;
25 Kona ku ya kungena ngamasango
a lomuzi amakosi nezikulu, ba hlale esihlalweni
sika Davida; ba hambe nge-

wo ukuti, Oyise ba dhlile amavini aba-
bayo, amazinyo abantwana a butuntu;
30 Kepa ilowo u ya kufa ngokona
kwake; lowo odhlayo amavini ababayo
amazinyo ake a ya kuba butuntu.
31 Bheka, ku yeza izinsuku, u tyo
uJehova, engi ya kwenza ngazo isivu-
melwano esitya nendhlu ka Israeli, ne-
ndhlu ka Juda;
32 Si nga bi njengesivumelwano enga
senzayo noyise babo msukwana ngi ba-
mba isandhla sabo, ukuba ngi ba kipe
ezweni la sEgipite; aba sapula isivume-
lwano sami, noma be ngi umyeni wabo,
u tyo uJehova.
33 Kepa lesi si isivumelwano engi ya
kusenza nendhlu ka Israeli emva kwa
lezozinsuku, u tyo uJehova; ngi ya ku-
beka umteto wami pakati kwabo, ngi u
lobe enhliziyweni yabo; ngi be uTixo
wabo, ba be abantu bami.
34 A ba sa yi kufundisani, umuntu
owakelene naye, nomuntu umfo wabo,
be ti, Yazani uJehova; ngokuba ba ya
kungazi bonke, nabancinyane nabaku-
lu, u tyo uJehova; ngokuba ngi ya ku-
tetelela ububi babo, a ngi sa yi kuku-
mbula ukona kwabo.
35 U tyo uJehova, owenza ilanga li be
ukukanya emini, nezimiso zenyanga
nezezinkanyezi zi be ukukanya ebusu-
ku; o vusa ulwandhle ku dume ama-
dhlambi alo; uJehova wamabandhla
igama lake, u ti,
36 Uma lezizimiso zi dhlula zi nga bi
ko pambi kwami, u tyo uJehova, se i za
kupela inzalo ka Israeli i nga bi isizwe
pambi kwami.
37 U tyo uJehova, u ti, Nxa amazulu
a pezulu e linganiswa, nezisekelo zo-
mhlaba zi hlolwa pansi, kona ngi ya
kulahla inzalo yonke ka Israeli, nga-
ko konke aba kwenzileyo, u tyo uJe-
hova.
38 Bheka, izinsuku zi yeza, u tyo uJe-
hova, o ya kwakiwa ngazo umuzi ka Je-
hova, u qale embotyongweni ka Hana-
neli u ze u fike esangweni legumbi.
39 Intambo yokulinganisa i ya kupu-
ma i dhlule, i qonde i ze i fike entabeni
eGarebi, i pendukele ngaseGoati;
40 Isihlambo sonke sezidumbu neso-
mlota, nezwe lonke ku ze ku fike emfu-
leni eKedroni, ku ze ku fike egumbini
lesango lamahashi ngasempumalanga,
ko ba ngcwele kuJehova, ku nga be
ku sa citwa, ku qedwe ku ze ku be
pakade.

ISAHLUKO 32.

IZWI ela fika kuJeremia li vela kuJe-
hova ngomnyaka weshumi ka Zede-
kia, inkosi ya seJuda, owa u ngumnya-
ka weshumi na shiyagalombili ka Ne-
bukadrezari.
2 Ngalesosikati impi yenkosi ya se-
Babulona ya haqa iJerusalema; uJere-
mia umprofeti wa e valelwa ebaleni leti-
longo, ela li sendhlini yenkosi ya se-
Juda.
3 uZedekia inkosi ya seJuda wa e m
valele, e ti, U profetelani, u ti, U tyo
uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kunikela
lomuzi esandhleni senkosi ya seBabulo-
na; i ya kuunqoba.
4 uZedekia, inkosi ya seJuda, a ka yi
kusinda esandhleni samaKaldea, kepa u
ya kunikelwa esandhleni senkosi ya se-
Babulona impela, a kulume nayo ngo-
mlomo, a i bone ngamehlo ake;
5 I ya ku m yisa uZedekia eBabulona;
u ya kuhlala kona ngi ze ngi hambele
kuye, u tyo uJehova; noma ni lwa na-
maKaldea a ni yi kwahlula.
6 uJeremia wa ti, Izwi lika Jehova la
fika kimi, la ti,
7 Bheka, uHanameli, indodana ka
Shalumi, uyihlokazi, u ya kufika kuwe
u ti, Tenga izwe lami, eli seAnatoti,
ngokuba ngomteto wokuhlenga u nga li
tenga.
8 Kwa njalo uHanameli indodana ka
babakazi weza kimi ebaleni letilongo
njengokutyo kuka Jehova, wa ti kimi, A
u tenge izwe lami, eli seAnatoti, eli se-
zweni lika Benjamini; ngokuba ngo-
mteto u nga li dhla, u nga li hlenga;
zitengele. Kona nga bona ukuti, leli la
li izwi lika Jehova.
9 Nga li tenga izwe kuHanameli,
indodana ka babakazi, ela li seAnatoti,
nga m linganisela imali, amashekela esi-
liva a ishumi nesikombisa.
10 Nga loba encwadini, nga beka upau,
nga tabata ofakazi, nga linganisa imali
ngesikalo.
11 Nga tabata incwadi yentengo, leyo
eya i namateliswe ngopau njengomteto
nesimiso, na leyo evulekileyo.
12 Nga i nikela incwadi yentengo ku-
Baruki, indodana ka Neria, indodana ka
Maseia, pambi kuka Hanameli, indoda-
na ka babakazi, na pambi kofakazi aba
loba encwadini yentengo, na pambi kwa-
baJuda aba be hlezi ebaleni letilongo.
13 Nga m yala uBaruki pambi kwabo,
nga ti,

14 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo kaIsraeli, u ti, tabata lezizincwadi, lencwadi yentengo, le e namateliswe ngopau, na lencwadi e vulekileyo; u zi fake esityeni sebumba, ukuba zi me izinsuku eziningi.

15 Ngokuba u tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, u ti, Ko buya ku fuywe izindhlu, namasimu, nezivini, kulelizwe.

16 Se ngi nikele incwadi yentengo kuBaruki indodana ka Neria, nga kuleka kuJehova, nga ti,

17 E Nkosi Jehova, bheka, wenzile izulu nomhlaba ngamandhla ako amakulu na ngengalo yako elulekileyo; a ku ko uto olu kwahlulayo.

18 U benzela aba izinkulungwane umusa, u pindelisela izono za woyise esifubeni sabantwana babo emva kwabo; uTixo omkulu, o namandhla, uJehova wamabandhla igama lako.

19 U mkulu ngokuceba, u namandhla ngokwenza; ngokuba amehlo ako a vulekele izindhlela zonke zamadodana abantu, ukuba u ba pe bonke njengokuhamba kwabo, na njengokutela kwemisebenzi yabo;

20 U misile izibonakaliso nezimangaliso ezweni la sEgipite ku ze ku be namhla, na kwaIsraeli, na kwabanye abantu, wa zenzela igama, njengaloku ku njalo na namhla;

21 Wa kipa abantu bako abaIsraeli ezweni la sEgipite ngezibonakaliso, na ngezimangaliso, na ngesandhla esi namandhla, na ngengalo elulekileyo, na ngokwesabisa okukulu;

22 Wa ba nika lelizwe, owa funga ngalo koyise babo, wa ti u za kubanika lona, izwe eli vama ubisi nezinyosi;

23 Ba ngena, ba li fuya; kepa a ba lalelanga izwi lako, a ba hambanga ngomteto wako; a benzanga uto kuko konke o ba yala ukuba ba kwenze, ngako u behlisele lobububi bonke.

24 Bheka, nazi izindonga, se be ze emzini ukuba ba u nqobe; umuzi u nikelwe esandhleni samaKaldea a lwa nawo, ngenkemba, na ngendhlala, na ngesifo; loko owa ku tyoyo se kwenzekile, bheka, nawe u ya kubona.

25 U tyilo kimi, Nkosi Jehova, wa ti, zitengele izwe ngemali, u tabate ofakazi, kepa umuzi u nikelwe esandhleni samaKaldea.

26 Izwi lika Jehova la buya leza kuJeremia, la ti,

27 Bheka, ngi nguJehova, uTixo wabantu bonke; ku kona ini oku ngahlulayo?

28 Ngako u tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kunikela lomuzi esandhleni samaKaldea, na sesandhleni sika Nebukadrezari, inkosi ya seBabulona; u ya kunqoba;

29 NamaKaldea, a lwa nalomuzi, a ya kufika, a u tungele lomuzi, a u tyise, nezindhlu, aba nikele pezu kwazo impepo kuBali, be ba telela abanye otixo iminikelo yokupuza, ba ze ba ngi tukutelise.

30 Ngokuba abakaIsraeli nabaka Juda benzile okubi kodwa pambi kwami kwasebutyeni babo; ngokuba abaka Israeli ba ngi tukutelisile kupela ngemisebenzi yezandhla zabo, u tyo uJehova.

31 Ngokuba lomuzi u bu into yokungitukutelisa nokupemba ulaka lwami iloku kwakiwa ku ze ku be namhla; ukuba ngi u suse pambi kwami,

32 Ngako konke okubi kwabaka Israeli nokwaba Juda, aba kwenzileyo ukuba ba ngi tukutelise, bona, namakosi abo, nezikulu zabo, nabapristi babo, nabaprofeti babo, nabantu baka Juda nabakileyo eJerusalema;

33 Ba ngi fulatela, be nga ngi bheki, noma nga ba fundisa, ngi vuka ngi fundisa, kepa a ba lalelanga ukuba ba kwamkele ukufundiswa.

34 Kepa ba bekile okunengekayo endhlini e bizwa ngegama lami, ukuba ba i ngcolise.

35 Ba zaka izindawo ezipakamileyo zika Bali, ezi sesihlanjeni sika Benhinomi, ukuba ba dhlulise amadodana abo namadodakazi abo emlilweni, be konza uMoleki, into engi nga i yalezanga, a ku ngenanga enhliziyweni yami ukuti ba za kwenza loku okunengekayo ukuba ba monise uJuda.

36 Ngako u tyo uJehova, uTixo ka Israeli, ngalomuzi, eni ti ngawo, U ya kunikelwa esandhleni senkosi ya seBabulona ngenkemba, na ngendhlala, na ngesifo, u ti,

37 Bheka, ngi ya kubabuta emazweni onke, engi ba xotyele kuwo ngokutukutela kwami, na ngokuvukela kwami, na ngolaka lwami olukulu; ngi ya kubabuyisela kulendawo, ngi ba hlalise kahle;

38 Ba ya kuba abantu bami, ngi be uTixo wabo;

39 Ngi ya kubapa inhliziyo inye, nendhlela inye, ukuba ba ngi hlonipe ngezi-

kati zonke, ku be kuhle kubo na kuba-
ntwana babo emva kwabo.
40 Ngi ya kwenza nabo isivumelwano
esipakade ukuba ngi nga ba fulateli, ngi
nga benzeli okudhle; kepa ngi ya kube-
ka ukuhlonitywa kwami ezinhlizyweni
zabo, ukuba ba ngemuki kimi.
41 Ngi ya kutokoza ngabo, ngi ze ngi
benzele okuhle; ngi ya kubatyala kule-
lizwe impela ngenhliziyo yonke yami
na ngompefumlo wonke wami;
42 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Nje-
ngaloku ngehlisele lobububi bonke obu-
kulu kulababantu, kanjalo ngi ya kwe-
hlisela kubo ubuhle bonke engi bu tyi-
loyo kubo.
43 Amazwe a ya kutengwa kulelizwe,
eni ti ngalo, Li citekile, ku nge ko aba-
ntu nezilwane; li nikelwe esandhleni
samaKaldea.
44 Ba ya kutenga amazwe ngemali,
ba lobe encwadini, ba beka upau, ba ta-
bate ofakazi ezweni lika Benjamini, na
sezindaweni ezi ngaseJerusalema, na
semizini ya seJuda, na semizini ya sezi-
ntabeni, na semizini ya sesihlanjeni, na
semizini ya seningizimu; ngokuba ngi
ya kubuyisa izitunjwa zabo, u tyo uJe-
hova.

## ISAHLUKO 33.

IZWI lika Jehova la buya leza kuJere-
mia ngokwesibili, e se botyiwe ebaleni
letilongo, la ti,
2 U tyo uJehova, o lenzayo, uJehova
o li cebayo ukuba a li feze, uJehova iga-
ma lake, u ti,
3 Kuleka kimi, ngi za kukupendula,
ngi ku bonise izinto ezinkulu nezifihle-
kileyo, o nga zaziyo.
4 Ngokuba u tyo uJehova, uTixo ka
Israeli, ngezindhlu zalomuzi, na ngezi-
ndhlu zamakosi a seJuda, eza bidhlizwa
ngezindonga na ngenkemba;
5 Beza ukulwa namaKaldea, nokuzi-
gcwalisa ngezidumbu zabantu, engi ba
buleleyo ngokutukutela kwami, na ngo-
laka lwami, be ngi u fihlele lomuzi ubuso
bami ngokona konke kwabo.
6 Bheka, ngi ya u letela ukupila no-
kusinda, ngi ba sindise, ngi bambulele
ukuvama kokutula neqiniso.
7 Ngi ya kubuyisa izitunjwa za kuba-
Juda, nezitunjwa za kubaIsraeli, ngi
bake njenga sekuqaleni.
8 Ngi ba hlambulule ebubini bonke
abonile kimi ngabo, ngi ba tetelele ama-
cala onke abo abonile kimi ngawo.
9 Ku ya kuba kimi igama lokutokoza,
isibongo nodumo pambi kwezizwe zonke
zomhlaba, ezi ya kuzwa okuhle konke
engi kwenzayo kubo, zesabe, zi tutumele
ngokuhle konke, na ngenhlanhla yonke,
engi wenzela yona.
10 U tyo uJehova, u ti, Ku lendawo
eni ti ngayo, I citekile, ku nge ko abantu
nezilwane, emizini ya seJuda na sezita-
latini za seJerusalema, e citekile, i nge
nabantu i nge nabakileyo i nge nezilwa-
ne ku ya kuzwakala,
11 Izwi lokutokoza nezwi lokujabula,
izwi lomyeni nezwi lomakoti, izwi la-
bo aba ti, Bongani uJehova wamaba-
ndhla, ngokuba uJehova u lungile, ngo-
kuba umusa wake u pakade, aba leta
iminikelo yokubonga endhlini ka Je-
hova. Ngokuba ngi ya kubuyisa izitu-
njwa zezwe njenga sekuqaleni, u tyo
uJehova.
12 U tyo uJehova wemikosi, u ti, Ku
ya kubuya ku be kona ku lendawo eci-
tekileyo, i nge nabantu nezilwane, na
semizini yonke yayo, idhlelo labalusi, ba
lalise imihlambi yabo.
13 Emizini ya sentabeni, na semizini
ya sesihlanjeni, na semizini ya seni-
ngizimu, na sezweni lika Benjamini, na
semapandhleni a seJerusalema, na semi-
zini ya seJuda, imihlambi i ya kubuya i
dhlule pansi kwezandhla zake o i balayo,
u tyo uJehova.
14 Bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJe-
hova, engi ya kuqinisa ngazo izwi eli-
lungileyo engi li tyiloyo ngendhlu ka
Israeli, na ngendhlu ka Juda.
15 Ngalezozinsuku na ngalesosikati
ngi ya kumhlumisela uDavida ihlumela
lokulunga, u ya kwenza okufaneleyo no-
kulungileyo ezweni.
16 Ngalezozinsuku uJuda u ya kusi-
ndiswa, neJerusalema li ya kuhlala ka-
hle; li ya kubizwa ngokuti, UJEHOVA
UKULUNGA KWETU.
17 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, uDa-
vida a ka yi kuswela umuntu wokuhlala
esihlalweni sendhlu ka Israeli;
18 Nabapristi, abaLevi, a ba yi kuswe-
la umuntu pambi kwami wokunikela
iminikelo yokutyiswa nokutyisa imini-
kelo yenyama, nokunikela imihlatyelo
njalonjalo.
19 Izwi lika Jehova la buya la fika
kuJeremia, la ti,
20 U tyo uJehova, u ti, Uma napula
isivumelwano sami semini nesivume-
lwano sami sobusuku, ku ze ku nga bi
ko imini nobusuku ngesikati sako,

21 Kona ku ngapulwa isivumelwano
sami noDavida, inceku yami, ukuba a
nga bi nandodana yokubusa esihlalweni
sake, kanye nabaLevi, abapristi aba ngi
konzayo.
22 Njengaloku umkosi wa sezulwini
u nge balwe, nesihlabati solwandhle si
nge linganiswe, kanjalo ngi ya kwandi-
sa inzalo ka Davida, inceku yami, naba-
Levi aba ngi konzayo.
23 Izwi lika Jehova la buya la fika
kuJeremia, la ti,
24 A u qondanga ini aba ku tyiloyo
lababantu, ukuti, Lezozindhlu ezimbili
a be zi ketile uJehova, u zi lahlile? ku
njalo ba delele abantu bami, ba ze ba
nga bi isizwe pambi kwabo.
25 U tyo uJehova u ti, Uma si nga bi
ko isivumelwano sami nemini nobusuku,
uma ngi nga dabulanga izimiso zezulu
nomhlaba;
26 Kona ngi ya kulahla inzalo ka Ja-
kobe, noDavida inceku yami, ngi nga
tabati kuyo inzalo yake ababusi benzalo
ka Abrahama, noIsaka, noJakobe; ngo-
kuba ngi ya kubuyisa izitunjwa za kubo,
ngi ba haukele.

## ISAHLUKO 34.

IZWI ela fika kuJeremia li vela ku-
Jehova, msukwana uNebukadnezari
inkosi ya seBabulona, nempi yonke ya-
yo, nemibuso yonke yomhlaba e buswa
uye, nabantu bonke be lwa neJerusale-
ma, nemizi yonke yalo, la ti,
2 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u
ti, Hamba u kulume kuZedekia inkosi
ya seJuda, u ti kuye, U tyo uJehova, u
ti, Bheka, ngi ya kunikela lomuzi esa-
ndhleni senkosi ya seBabulona, u ya ku-
utyisa ngomlilo;
3 Wena a u yi kusinda esandhleni
sake, kepa u ya kubanjwa impela, u ni-
kelwe esandhleni sake; amehlo ako a
ya kubheka amehlo enkosi ya seBabu-
lona, i ya kukuluma nawe ni bhekana;
u ya kuya eBabulona.
4 Kepa, yizwa izwi lika Jehova, Ze-
dekia, nkosi ya seJuda. U tyo uJe-
hova kuwe, u ti, A u yi kufa nge-
nkemba;
5 Kepa u ya kufa ku tulile; u ya ku-
tyiselwa impepo njengokutyiselwa kwa
oyihlo, amakosi okuqala a ngapambi
kwako, u ya kulilelwa ku tiwa, Maye,
nkosi! ngokuba ngi tyilo izwi, u tyo
uJehova.
6 uJeremia umprofeti wa e se kuluma
lawamazwi onke kuZedekia, inkosi ya
seJuda, eJerusalema,
7 Mhla impi yenkosi ya seBabulona i
lwa neJerusalema, nemizi ya seJuda ese-
leyo, neLakishi, neAzeka; ngokuba le-
mizi evikelweyo ya i sa sele emizini ya
seJuda.
8 Leli li izwi ela fika kuJeremia, li
vela kuJehova, inkosi, uZedekia, se ye-
nzile isivumelwano nabantu bonke aba
seJerusalema, ukumemezela kubo uku-
kululeka,
9 Kwa tiwa, a ku be ilowo a kulule isi-
gqili sake, isilisa nesifazana, ezi ngama-
Heberu, ukuze ku nga bi ko muntu o zi
sebenzisayo, ukuti, umJuda o sebenzisa
umfo wabo.
10 Kwa ti, izikulu zonke, nabantu bo-
nke aba be vumelene, se be zwile ku tiwa,
a ku be ilowo a kulule isigqili sake, isi-
lisa nesifazana, ku nga bi ko muntu o zi
sebenzisayo, ba lalela, ba zi kulula.
11 Kepa ngasemva ba guquka, ba bu-
yisa lezozigqili, isilisa nesifazana, aba be
zi kululile, ba zenza izigqili, isilisa nesi-
fazana.
12 Ngako izwi lika Jehova la fika ku-
Jeremia li vela kuJehova, la ti,
13 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli,
u ti, Ngenza isivumelwano na oyihlo,
mhla ngi ba kipa ezweni la sEgipite,
endhlini yezibotywa, nga ti,
14 Ekupeleni kweminyaka e isiko-
mbisa a ko ba ilowo kini a kulule umfo
wabo, o ngumHeberu, a m tengileyo;
nxa e sebenzile iminyaka e isitupa kuwe
wo m kulula. Kepa oyihlo a ba ngi lale-
langa, a ba bekanga indhlebe.
15 Kepa nina be ni pendukile namhla,
nenza okufaneleyo emehlweni ami ngo-
kumemezela ukukululeka, ku be ilowo
kowakelene naye; nenza isivumelwano
pambi kwami endhlini e bizwa ngegama
lami;
16 Kepa na buya na guquka, na ngco-
lisa igama lami, na buyisa, kwa ba ilowo
isigqili sake, isilisa nesifazana, a be zi
kululile ngokutanda kwake, na zenza
izigqili zenu, isilisa nesifazana.
17 Ngako u tyo uJehova, u ti, A ni ngi
lalelanga ngokumemezela ukukululeka,
ku be ilowo kumfo wabo, na lowo kowa-
kelene naye; bheka, ngi memezela uku-
kululeka kini, u tyo uJehova, ngi ni
kululela kuyo inkemba, na kuso isifo,
na kuyo indhlala, ngi ya kuninikela
emibusweni yonke yomhlaba, ni hlu-
peke.

18 Ngi ya kubanikela abantu abeqile
isivumelwano sami, aba nga gcinanga
amazwi esivumelwano aba be senzile
pambi kwami, mhla be dabula itole
kabili, ba dhlula pakati kwenzihlangoti
zalo,
19 Izikulu za seJuda, nezikulu za se-
Jerusalema, izinceku, nabapristi, naba-
ntu bonke bezwe aba dhlula pakati kwe-
zinhlangoti zetole;
20 Ngi ya kubanikela esandhleni sezi-
ta zabo, na sesandhleni saba funa uku-
babulala; izidumbu zabo zi ya kuba
ukudhla kwezinyoni zezulu, nokwezilo
zomhlaba.
21 uZedekia, inkosi ya seJuda, nezi-
kulu zake, ngi ya kubanikela esandhleni
sezita zabo, na sesandhleni saba funa
ukubabulala, na sesandhleni sempi ye-
nkosi ya seBabulona, abenyukeleyo kini.
22 Bheka, ngi ya kuyala, u tyo uJeho-
va, ngi ba buyisele kulomuzi; ba ya ku-
lwa nawo, ba u nqobe, ba u tyise ngo-
mlilo; ngi ya kwenza imizi ya seJuda i
citake, i ngakiwa muntu.

## ISAHLUKO 35.

IZWI ela fika kuJeremia li vela ku-
Jehova, ezinsukwini zika Jehoakimu,
indodana ka Josia, inkosi ya seJuda,
la ti,
2 Suka u ye endhlini yabaRekabi, u
kulume nabo, u ze nabo endhlini ka Je-
hova, kwelinye ikamelo layo, u ba pu-
zise iwaini.
3 Nga se ngi tabata uJazania, indoda-
na ka Jeremia, indodana ka Habazinia,
nabafo wabo, namadodana onke ake,
nendhlu yonke yabaRekabi;
4 Nga ba zisa endhlini ka Jehova,
endhlini yamadodana ka Hanani, indo-
dana ka Igdalia, umuntu ka Tixo, e nga-
sendhlini yezikulu, e ngapezu kwendhlu
ka Maseia indodana ka Shalumi, umli-
ndi womnyango.
5 Nga beka pambi kwamadodana
endhlu yabaRekabi amagaba e gcwele
iwaini, nezindebe, nga ti kubo, Puzani
iwaini.
6 Kepa ba ti, A si yi kupuza iwaini;
ngokuba uJonadabi, indodana ka Reka-
bi ubaba wetu, wa si yala, wa ti, Ni nga
puzi iwaini, nina nabantwana benu ku
ze ku be pakade;
7 Ni ngaki izindhlu, ni nga hlwanye-
li imbeu, ni nga tyali ivini, ni nga bi
nako; kepa ni ya kuhlala ematenteni
izinsuku zonke zenu, ukuba ni hlale izi-
nsuku eziningi ezweni eni ngabezizwe
kulo.
8 Si m lalele uJonadabi, indodana ka
Rekabi, ubaba wetu, ngako konke a si
yala ngako, ukuba si nga puzi iwaini
izinsuku zonke zetu, tina, nomketu, na-
madodana etu, namadodakazi etu,
9 Si nga zaki izindhlu ukuba si hlale
kuzo; a si nasivini, nazwe, nambeu;
10 Kepa si hlezi ematenteni, si m lale-
le, senza konke a si yala kona uJonada-
bi ubaba wetu.
11 Kwa ti, uNebukadnezari, inkosi ya
seBabulona, se e kupukile ezweni, wa
ti, Yizani si ye eJerusalema ngenxa ye-
mpi yamaKaldea na ngenxa yempi ya-
maSiria; kunjalo si sa hlezi eJerusa-
lema.
12 Izwi lika Jehova la buya la fika
kuJeremia, la ti, U tyo uJehova, we-
mikosi, uTixo ka Israeli, u ti,
13 Hamba, u tyo kubantu ba seJuda,
na kwabakileyo eJerusalema, u ti, A ni
yi kululekwa ini ukulalela amazwi
ami? u tyo uJehova.
14 Amazwi ka Jonadabi, indodana ka
Rekabi, a wa yalayo amadodana ake,
okuti a nga puzi iwaini, a gcinwa; ngo-
kuba ka li puzanga ku ze ku be namhla,
kepa a lalela umyalo ka yise; ngi kulu-
mile kini, nga qinisa nga kuluma, kepa
a ni ngi lalelanga.
15 Ngi tumile kini izinceku zami zo-
nke, abaprofeti, nga qinisa nga ba tu-
ma, nga ti, Pendukani nonke ekuha-
mbeni kwake okubi, ni lungise imisebe-
nzi yenu, ni nga landeli abanye otixo,
ukuba ni ba konze, kona ni ya kuhlala
ezweni, engi ni nikile lona, nina noyi-
hlo benu, kepa a ni bekanga indhlebe
yenu, a ni ngi lalelanga.
16 Ngokuba amadodana ka Jonadabi,
indodana ka Rekabi, a gcinile umyalo
ka yise, a wa yala wona; kepa lababa-
ntu a ba ngi lalelanga;
17 Ngako u tyo uJehova uTixo wemi-
kosi, uTixo ka Israeli, u ti, Bheka, ngi
ya kwehlisela eJuda, na kubantu bonke
ba seJerusalema okubi konke engi ku
tyiloyo kubo; ngokuba ngi kulumile
kubo, kepa a ba ngi lalelanga; ngi ba
memezile, kepa a ba sabelanga.
18 uJeremia wa ti kuyo indhlu yaba-
Rekabi, U tyo uJehova wemikosi, uTixo
ka Israeli, u ti, Ngokuba ni lalele umte-
to ka Jonadabi uyihlo, ni gcinile imi-
yalo yonke yake, nenza konke a ni yala
kona,

19 Ngako u tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, uJonadabi indodana ka Rekabi, a ka yi kuswela umuntu wokuma pambi kwami ku ze ku be pakade.

## ISAHLUKO 36.

KWA ti ngomnyaka wesine ka Jehoakimu, indodana ka Josia, inkosi ya seJuda, kwa fika lelizwi kuJeremia li vela kuJehova, la ti,

2 Tabata ipepa lencwadi, u lobe kulo amazwi onke engi wa tyiloyo kuwe ngoIsraeli, na ngoJuda, na ngezizwe zonke, iloku nga qala ukukuluma kuwe, kwa sezinsukwini zika Josia, ku ze ku be namhla.

3 Mhlaumbe abakaJuda ba ya kuzwa okubi konke engi ti ngi ya kukwenza kubo, ba ze ba buye bonke endhleleni embi yabo, ngi ba tetelele amacala abo nezono zabo.

4 Kona uJeremia wa biza uBaruki indodana ka Neria; uBaruki wa loba, e tata emlonyeni ka Jeremia, amazwi onke ka Jehova, a wa kulumile kuye, epepeni lencwadi.

5 uJeremia wa yala uBaruki, wa ti, Mina ngi banjiwe, a ngi nakuya endhlini ka Jehova.

6 Ngako hamba wena, u funde ku lencwadi o i lobileyo, u tata emlonyeni wami, amazwi ka Jehova, u wa funde ezindhlebeni zabantu endhlini ka Jehova ngosuku lokuzila ukudhla; u wa funde nasezindhlebeni zabo bonke abakwaJuda, aba vela emizini yakubo.

7 Mhlaumbe ukukuleka kwabo ku ya kuzwiwa uJehova, ba buye bonke endhleleni embi yabo; ngokuba kukulu ukutukutela nolaka a ku tyiloyo uJehova ngalababantu.

8 uBaruki indodana ka Neria wenza konke a m yala kona uJeremia umprofeti, ngokufunda amazwi ka Jehova endhlini ka Jehova.

9 Kwa ti ngomnyaka wesihlanu ka Jehoakimu, indodana ka Josia, inkosi ya seJuda, ngenyanga yesishiyagalolunye, kwa menyezelwa ukuzila ukudhla pambi kuka Jehova kubantu bonke ba seJerusalema, na kubantu bonke aba vela emizini ya seJuda, beze eJerusalema.

10 Kona uBaruki wa funda encwadini amazwi ka Jeremia endhlini ka Jehova, endhlini ka Gemaria, indodana ka Shafani umbali, ebaleni ngasenhla, ngasesangweni elitya lendhlu ka Jehova, wa funda ezindhlebeni zabantu bonke.

11 uMikaia indodana ka Gemaria, indodana ka Shafani, se e zwile amazwi onke ka Jehova ku lencwadi,

12 Wehla wa ya endhlini yenkosi, endhlini yombali; bheka, izikulu zonke za zi hlezi kona; uElishama, umbali, noDelaia indodana ka Shemaia, noElnatani indodana ka Akbori, noGemaria indodana ka Shafani, noZedekia indodana ka Hanania, nezikulu zonke.

13 Kona uMikaia wa ba tyela amazwi onke a be wezwile lapo uBaruki wa funda incwadi ezindhlebeni zabantu.

14 Ngako izikulu zonke za tuma uJehudi indodana ka Netania, indodana ka Shelemia, indodana ka Kushi, ukuya kuBaruki, za ti, Pata incwadi o i fundileyo ezindhlebeni zabantu, u ze nayo. uBaruki indodana ka Neria wa pata incwadi, weza kubo.

15 Ba ti kuye, Hlala, u i funde ezindhlebeni zetu. Njalo uBaruki wa i funda ezindhlebeni zabo.

16 Kwa ti, se be zwile amazwi onke, besaba bonke, ba ti kuBaruki, Impela si ya kutyela inkosi lawamazwi onke.

17 Ba m buza uBaruki, ba ti, Si tyele, Wa loba kanjani lawamazwi onke u tata emlonyeni wake na?

18 uBaruki wa ti kubo, Wa tyo kimi lawamazwi onke ngomlomo wake, nga wa loba encwadini ngeinke.

19 Izikulu za ti kuBaruki, Suka u catye, wena noJeremia; ku ngaziwa muntu lapa ni kona.

20 Ba se be ngena enkosini, ebaleni, kepa ba beka incwadi endhlini ka Elishama umbali, ba landisa amazwi onke ezindhlebeni zenkosi.

21 Inkosi ya tuma uJehudi ukuba a ye a tabate incwadi; wa i tabata endhlini ka Elishama umbali. uJehudi wa i funda ezindhlebeni zenkosi, na sezindhlebeni zezikulu zonke eza zi kona enkosini.

22 Inkosi ya i hlezi endhlini yobusika, ngenyanga yesishiyagalolunye, u kona pambi kwayo umlilo o vutayo eziko.

23 Kwa ti, uJehudi se e fundile amapepa amatatu noma amane, wa i sika ngomese wombali, wa i ponsa emlilweni o seziko, ya za ya pela incwadi yonke emlilweni o seziko.

24 Kepa a ba ze besaba, a ba dabula izingubo zabo, nankosi nanye ezincekwini zayo e be zi zwile lawamazwe onke.

25 Noma uElnatani, noDelaia, noGemaria ba be nxusile inkosi ukuba i nga tyisi incwadi, a i ba lalelanga.

26 Kepa inkosi ya yala uJerameli indodana yenkosi, noSeraia indodana ka Azrieli, noShelemaia indodana ka Abdeli, ukuba ba tabate uBaruki umbali noJeremia umprofeti; kodwa uJehova wa ba fihla.

27 Izwi lika Jehova la buya la fika kuJeremia, inkosi se i tyisile incwadi, namazwi a wa lobayo uBaruki e tata emlonyeni ka Jeremia, la ti,

28 Buya u tabate enye incwadi, u lobe kuyo amazwi onke okuqala, a e kona encwadini yokuqala, a i tyisileyo uJehoakimu inkosi ya seJuda;

29 U tyo kuJehoakimu inkosi ya seJuda, u ti, U tyo uJehova, u ti, U tyisile lencwadi, u ti, U lobeleni kuyo u ti, Impela inkosi ya seBabulona i ya kufika, i cite lelizwe, i qede kulo abantu nezilwane.

30 Ngako u tyo uJehova ngoJehoakimu inkosi ya seJuda, u ti, A ka yi kuba namntwana wokuhlala esihlalweni sika Davida; isidumbu sake si ya kulahlelwa ngapandhle si tye emini, si godole ebusuku.

31 Ngi ya kumtyaya yena, nenzalo yake, nezinceku zake, ngezono zabo; ngi ya kwehlisela pezu kwabo, na pezu kwabakileyo eJerusalema, na pezu kwabantu ba seJuda, okubi konke engi ku tyiloyo ngabo; kepa a ba lalelanga.

32 uJeremia wa e se tabata enye incwadi, wa i nika uBaruki umbali, indodana ka Neria, owa loba kuyo, e tata emlonyeni ka Jeremia, amazwi onke encwadi uJehoakimu inkosi ya seJuda a be i tyisile ngomlilo; kwenezelelwa kuwo amanye amazwi amaningi a njengawo.

## ISAHLUKO 37.

UZEDEKIA indodana ka Josia wa ba inkosi esikundhleni sika Konia indodana ka Jehoakimu, a m enzayo inkosi ezweni la seJuda uNebukadrezari inkosi ya seBabulona.

2 Kepa yena, nezinceku zake, nabantu bezwe, a ba lalelanga amazwi ka Jehova, a wa kulumayo ngoJeremia umprofeti.

3 uZedekia inkosi wa tuma Jehukali indodana ka Shelemia, noZefania indodana ka Maseia umpristi, ukuya kuJeremia umprofeti, e ti, Si kulekele kuJehova uTixo wetu.

4 uJeremia wa e ngena e puma ebantwini; ngokuba wa e nga ka fakwa etilongweni.

5 Kwa fika impi ka Faro, i vela Egipite, a ti amaKaldea, a vimbezela iJerusalema, se e zwile ngayo, a buya e muka eJerusalema.

6 Izwi lika Jehova la buya la fika kuJeremia, la ti,

7 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, A no tyo kuyo inkosi ya seJuda, e ni tumileyo ukuza kimi ukungibuza, ni ti, Bheka, impi ka Faro e pumele ukunisiza, i sa buyela Egipite, ezweni.

8 A ya kubuya, amaKaldea eze a lwe na lomuzi, a u nqobe, a u tyise ngomlilo.

9 U tyo uJehova, u ti, Ni nga zikohlisi ngokuti, amaKaldea a ya kumuka kitina impela, ngokuba a ka yi kumuka.

10 Ngokuba noma be ni tyayile impi yonke yamaKaldea e lwa nani, kwa za kwa sala kubo abantu abalimeleyo bodwa, ba be ya kusuka, ku be ilowo etenteni lake, ba tyise lomuzi ngomlilo.

11 Kwa ti, impi yamaKaldea se i mukile eJerusalema ngenxa yempi ka Faro,

12 uJeremia wa puma eJerusalema ukuya ezweni la kwaBenjamini, ukuba amkele kona isabelo sake pakati kwabantu.

13 Kwa ti, e se sangweni lika Benjamini, kwa ku kona induna yokulinda, igama layo la li nguIrija, indodana ka Shelemia, indodana ka Hanania; ya bamba uJeremia umprofeti, ya ti, U ya hlubukela kuwo amaKaldea.

14 uJeremia wa ti, Amanga; a ngi hlubukeli kuwo amaKaldea. Kepa a i m lalelanga. Kwa njalo uIrija wa bamba uJeremia, wa m yisa ezikulwini.

15 Izikulu za m tukutelela uJeremia, za m tyaya, za m faka etilongweni, endhlini ka Jonatani, ngokuba za zi yenzile i be itilongo.

16 uJeremia e se ngenile endhlini emnyama, emgodini, uJeremia e se kona izinsuku eziningi;

17 uZedekia inkosi wa tuma wa m tabata; inkosi ya m buza ngasese endhlini yayo, ya ti, Li kona ini izwi eli vela kuJehova? uJeremia wa ti, Li kona; u ti, u ya kunikelwa esandhleni senkosi ya seBabulona.

18 uJeremia wa ti kuZedekia inkosi, Ngonile ngantoni kuwe, na sezincekwini zako, na kubantu bako, ukuba u ngi fake etilongweni?

19 Bapi abaprofeti benu aba profeta kini, ba ti, Inkosi ya seBabulona a i yi kuza kini, na kulelizwe?

20 Ngabo lalelake, nkosi yami, nkosi, yizwake ukunxusa kwami, ukuba u nga ngi buyiseli endhlini ka Jonatani umbali, funa ngi fe kona.

21 uZedekia inkosi wa e se yala ukuba ba m beke uJeremia ebaleni letilongo, ba m nike imihla ngemihla ucezu lwesinkwa sa sesitalateni sabapeki, ku ze ku pele isinkwa emzini kwa njalo uJeremia wa hlala ebaleni letilongo.

## ISAHLUKO 38.

KWA ti uShefatia indodana ka Matani, noGedalia indodana ka Pashuri, noJukali indodana ka Shelemia, noPashuri indodana ka Malkia, bezwa amazwi a be wa tyilo uJeremia kubantu bonke, e ti.

2 U tyo uJehova, u ti, O seleyo kulomuzi u ya kufa ngenkemba, na ngendhlala, na ngesifo; kepa o pumela kuwo amaKaldea u ya kupila; ukupila kwake ku ya kuba impango yake; u ya kupila.

3 U tyo uJehova, u ti, Impela lomuzi wo nikelwa esandhleni sempi yenkosi ya seBabulona, e ya kuunqoba.

4 Ngako izikulu za ti enkosini, A ka bulawe lomuntu, ngokuba ngokwenza njalo u ya nqenisa izandhla zabantu bokulwa abaseleyo ku lomuzi, nezandhla zabantu bonke, ngokukuluma kubo amazwi a nje; ngokuba lomuntu ka ba funeli lababantu ukutula, u ba funela okubi.

5 uZedekia inkosi wa ti, Bheka, u sesandhleni senu, ngokuba inkosi i nge pambene nani ngaluto.

6 Ba se be m tabata uJeremia, ba m ponsa endhlini emnyama emgodini ka Malkia indodana yenkosi, o sebaleni letilongo; ba m ehlisa uJeremia ngezintambo. Kwa ku nge ko amanzi emgodini udaka lodwa; kwa njalo uJeremia wa tyona odakeni.

7 Kwa ti, uEbedmeleki umKushi, induna e sendhlini yenkosi, se e zwile ukuti, ba m fakile uJeremia emgodini, inkosi i sa hlezi esangweni lika Benjamini;

8 uEbedmeleki wa puma endhlini yenkosi, wa kuluma enkosini, wa ti,

9 Nkosi yami, nkosi, lababantu benzile kabi ngako konke aba kwenzileyo kuJeremia umprofeti, aba m ponsile emgodini; u za kufa kona lapo ngokulamba; ngokuba a ku se ko ukudhla emzini.

10 Inkosi ya se i m yala uEbedmeleki umKushi, ya ti, Tabata lapa abantu abamashumi amatatu, u hambe nabo, u m kipe uJeremia umprofeti emgodini, e nga ka fi.

11 Kona uEbedmeleki wa tabata abantu, wa hamba nabo, wa ya endhlini yenkosi pansi kwendhlu yemfuyo, wa tabata kona izicepu neziziba zezingubo ezigugileyo, wa zehlisela ngezintambo kuJeremia emgodini.

12 uEbedmeleki umkushi wa ti kuJeremia, Beka lezizicepu na leziziba zezingubo ezigugileyo emakwapeni ako pansi kwezintambo. Wenza njalo uJeremia.

13 Ba m donsa uJeremia ngezintambo, ba m kipa emgodini; uJeremia wa hlala ebaleni letilongo.

14 Kona uZedekia inkosi wa tuma, wa m tabata uJeremia umprofeti wa m zisa kuye esangweni lesitatu eli ngasendhlini kaJehova; inkosi ya ti kuJeremia, Ngi za kubuza into kuwe, u nga ngi fihleli uto.

15 uJeremia wa ti kuZedekia, Uma ngi ku tyela yona, nembala a u yi kungibulala na? uma ngi ku luleka a u yi kungilalela na?

16 Kona uZedekia wa funga kuJeremia ngasese, wa ti, U kona uJehova owa senzela lompefumlo, a ngi yi kukubulala, a ngi yi kukunikela esandhleni salababantu abafuna ukupila kwako.

17 uJeremia wa ti kuZedekia, U tyo uJehova, uTixo wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Uma u ya impela ezikulwini zenkosi ya seBabulona, u ya kupila, na lomuzi a u yi kutyiswa ngomlilo, u ya kupila, wena nendhlu yako;

18 Kepa uma u nga yi ezikulwini zenkosi ya seBabulona, lomuzi u ya kunikelwa esandhleni samaKaldea, a u tyise ngomlilo, nawe u nga sindi esandhleni sawo.

19 uZedekia inkosi wa ti kuJeremia, Ngi yesaba abaJuda abahlubukileyo kuwo amaKaldea, funa ngi nikelwe esandhleni sabo, ba ngeise.

20 Kepa uJeremia wa ti, A ku yi kunikelwa. A u lalele izwi lika Jehova, engi li tyoyo kuwe; ko ba kuhle kuwe, u pile.

21 Kepa uma wala ukupuma lapa, leli li izwi a ngi bonisile lona lokuti,

22 Bheka, abafazi bonke aba seleyo

endhlini yenkosi ya seJuda ba ya kukityelwa ezikulwini zenkosi ya seBabulona, ba ya kuti, Aba izihlobo bako ba ku ungile, ba kwahlula; izinyawo zako zi tyonile odakeni, ba ku fulatele.

23 Nabafazi bako bonke, nabantwana bako ba ya kukityelwa kuwo amaKaldea; nawe u nga sindi esandhleni sawo, kepa u ya kubanjwa ngesandhla senkosi ya seBabulona; u ya kutyisa lomuzi ngomlilo.

24 uZedekia wa se e ti kuJeremia, A ku ngaziwa muntu lawamazwi, ukuba u nga fi.

25 Kepa uma izikulu zi zwa ukuti, ngi kulumile nawe, zi ze kuwe, zi ti kuwe, Si tyele o ku tyiloyo enkosini, u nga si fihleli ųto, ukuba si nga ku bulali, si tyele na loko e ku tyiloyo kuwe inkosi;

26 Wo tyo kuzo, u ti, Nga kuleka enkosini ukuba i nga ngi buyiseli endhlini ka Jonatani, funa ngi fe kona.

27 Kwa fika kuJeremia izikulu zonke, za m buza; wa zi tyela lawamazwi onke inkosi e bi m yalile wona. Za se zi yeka ukukuluma naye, ngokuba a ku bonakalanga indaba.

28 uJeremia wa hlala ebaleni letilongo kwa za kwa fika usuku ela nqotywa ngalo iJerusalema; wa e kona mhla iJerusalema li nqotywayo.

## ISAHLUKO 39.

NGOMNYAKA wesishiyagalolunye ka Zedekia inkosi ya seJuda, ngenyanga yeshumi, kwa fika uNebukadnezari inkosi ya seBabulona nempi yonke yake, ba li vimbezela.

2 Ngomnyaka weshumi nanye ka Zedekia, ngenyanga yesine, ngosuku lwesishiyagalolunye lwenyanga, umuzi wa fohlwa.

3 Izikulu zonke zenkosi ya seBabulona za ngena, za hlala esangweni eli ngapakati, uNergalsharezeri, noSamgarnebo, noSarsekimi induna yezinceku, noNergalsharezeri, induna yezazi, nezinye izikulu zonke zenkosi ya seBabulona.

4 Kwa ti, uZedekia inkosi ya seJuda se e zibonile, nabo bonke abantu bempi, ba baleka ba puma emzini ebusuku ngendhlela yensimu yenkosi, ngesango eli ngapakati kwezindonga zombili; wa puma wa ya ngendhlela yesihlambo.

5 Kepa impi yamaKaldea ya ba xotya, ya fumana uZedekia ezihlanjeni za seJeriko, ya m bamba, ya m yisa kuNebukadnezari inkosi ya seBabulona, eRibla, ezweni la seHamati, wa teta icala lake.

6 Inkosi ya seBabulona ya bulala amadodana ka Zedekia eRibla pambi kwamehlo ake; inkosi ya seBabulona ya bulala nezikulu zonke za kwaJuda.

7 Ya kipa amehlo ka Zedekia, ya m bopa ngamaketango etusi, ukuba a yiswe eBabulona.

8 AmaKaldea a tyisa indhlu yenkosi nezindhlu zabantu ngomlilo, a bidhliza izindonga zeJerusalema.

9 uNebuzaradani induna yamapolisa wa tumba insalo yabantu abaseleyo emzini, nabahlubukileyo aba be hlubukele kuye, kanye nensalo yabantu abaseleyo.

10 Kepa uNebuzaradani induna yamapolisa wa shiya abantu abampofu, aba nge naluto, ezweni la kwaJuda, wa ba pa izivini namasimu ngalesosikati.

11 uNebukadnezari inkosi ya seBabulona wa m yala uNebuzaradani induna yamapolisa ngoJeremia, wa ti,

12 M tabate, u beke amehlo ako pezu kwake, u nga menzi luto; kepa yenza kuye njengokutyo kwake kuwe.

13 Kona uNebuzaradani induna yamapolisa wa tuma, kanye noNebushasbani induna yezinceku, noNegalsharezeri induna yezazi, nezikulu zonke zenkosi ya seBabulona,

14 Ba tuma, ba m kipa uJeremia ebaleni letilongo, ba m nikela kuGedalia indodana ka Ahikamu indodana ka Shafani, ukuba a m yise ekaya; wa e se hlala ebantwini.

15 Kwa fika izwi lika Jehova kuJeremia, e sa valelwe ebaleni letilongo, la ti,

16 Hamba, u ye u tyo kuEbedmeleki umKushi, u ti, U tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, Bheka, ngi ya kwehlisela amazwi ami kulomuzi, ku be kubi, ku nga bi kuhle; a ya kuqiniseka pambi kwako ngalolosuku.

17 Kepa ngi ya kukusindisa wena ngalolosuku; u tyo uJehova; a u yi kunikelwa esandhleni sabantu o besabayo.

18 Ngokuba ngi ya kukusindisa impela, u nga bulawa ngenkemba, kepa ukupila kwako ko ba impango yako; ngokuba u ngetembile; u tyo uJehova.

## ISAHLUKO 40.

IZWI ela fika kuJeremia li vela kuJehova, uNebuzaradani induna yamapolisa se e m kululile eRama, loku

wa e m tabatile e botyiwe ngamaketango pakati kwabo bonke abatunjiweyo ba seJerusalema nabakwaJuda, be tunjelwa eBabulona.
2 Induna yamapolisa ya m tabata eJeremia, ya ti kuye, uJehova uTixo wako u tyilo lobububi ngalendawo.
3 uJehova u behlisile, wenza njengokutyo kwake; ngokuba nonile kuJehova, ni nga lalelanga izwi lake, ngako nehlelwe iloku.
4 Bhekake, ngi sa ku kulula namhla kuwo amaketango a sezandhleni zako. Uma ku kuhle kuwe ukuya nami eBabulona, yiza; ngi ya kubeka amehlo ami pezu kwako; kepa uma ku kubi kuwe ukuya nami eBabulona, yeka; bheka, izwe lonke li pambi kwako, indawo elungileyo nefaneleyo emehlweni ako ukuba u ye kuyo, yiya kona.
5 Kepa e nga ka buyi, ya ti, Buya u ye kuGedalia indodana ka Ahikamu indodana ka Shafani, e m bekileyo inkosi ya seBabulona, a be umbusi wemizi yakwaJuda, u hlale naye pakati kwabantu, noma u ye kwenye indawo e faneleyo ngokubona kwako. Induna yamapolisa ya m nika ukudhla, nesipo, ya m kulula.
6 uJeremia wa e se ya kuGedalia indodana ka Ahikamu eMizpa; wa hlala naye pakati kwabantu abaseleyo ezweni.
7 Kwa ti izinduna zonke ezi sendhle, zona nabantu bazo, se zi zwile ukuti inkosi ya seBabulona i m enzile uGedalia indodana ka Ahikamu umbusi wezwe, nokuti i nikele kuye amadoda, nabafazi, nabantwana, nabampofu bezwe ku labo aba nga tunjelwanga eBabulona.
8 Zeza kuGedalia eMizpa, uIshmaeli indodana ka Netania, noJohanani noJonatani amadodana ka Karea, noSeraia indodana ka Tanhumeti, namadodana ka Efai umNetofa, noJezania indodana yomMaaka, labo nabantu babo.
9 uGedalia indodana ka Ahikamu indodana ka Shafani wa funga kubo na kubantu babo, wa ti, ni ngesabi ukukonza amaKaldea: hlalani ezweni, ni konze inkosi ya seBabulona, kona ku ya kuba kuhle kini.
10 Mina, bheka, ngi ya kuhlala eMizpa, ukuba ngi me pambi kwamaKaldea a ya kuza kiti, kepa nina, butani iwaini, nezitelo zemiti, namafuta, ni ku beke ezityeni, ni hlale emizini, eni i ketileyo.
11 Kanjalo abaJuda bonke aba be seMoabi, na pakati kwabaka Amoni, na seEdomi, naba be semazweni onke, se be zwile ukuti, inkosi ya seBabulona i shiyile insalo yabaJuda, nokuti i m bekile pezu kwabo uGedalia indodana indodana ka Shafani;
12 AbaJuda bonke ba buya ezindaweni zonke aba be xotyelwe kuzo, beza ezweni la kwaJuda, kuGedalia, eMizpa, ba buta iwaini nezitelo zemiti kakulu.
13 uJohanani indodana ka Karea, nezinduna zonke zempi ezi sendhle, beza kuGedalia eMizpa,
14 Ba ti kuye, Impela u yazi ukuti, uBaalisi inkosi yabaka Amoni u tumile uIshamaeli indodana ka Netania ukuba a ku bulale? Kepa uGedalia indodana ka Ahikamu ka kolwanga ibo.
15 Kona uJohanani indodana ka Karea wa kuluma ngasese noGedalia eMizpa, wa ti, Ma ngi hambe ngi ye ngi m bulale uIshmaeli indodana ka Netania, ku ngaziwa muntu; u za kukubulalelani wena, ukuba abaJuda bonke aba butene kuwe ba hlakazeke, nensalo ya kwaJuda i epele?
16 Kepa uGedalia indodana ka Ahikamu wa ti kuJohanani indodana ka Karea, U ngenzi loku, ngokuba u tyo amanga ngoIshmaeli.

## ISAHLUKO 41.

KWA ti ngenyanga yesikombisa, uIshamaeli indodana ka Netania indodana ka Elishama, owenzalo yenkosi, nezikulu zenkosi, abantu aba ishumi kanye naye, beza kuGedalia indodana ka Ahikamu eMizpa; ba dhla kona ukudhla ndawonye naye eMizpa.
2 Wa se esuka uIshmaeli indodana ka Netania, nabantu aba ishumi a e nabo, ba m gwaza uGedalia indodana ka Ahikamu indodana ka Shafani ngenkemba, ba m bulala, yena inkosi ya seBabulona e bi m enzile umbusi wezwe.
3 uIshamaeli wa bulala nabaJuda aba be naye uGedalia eMizpa, namaKaldea a e funyanwa kona, amabuto.
4 Kwa ti ngosuku lwesibili emva kokumbulala kwake uGedalia, ku ngaziwa muntu,
5 Kwa fika abantu be vela eShekemu, na seShilo, na seSamaria, abantu abamashumi ashiyagalombili, izilevu zabo zi puciwe, nezingubo zabo zi dabukile, be zisikile, be pete iminikelo nempepo, ukuba ba i yise endhlini ka Jehova.
6 uIshmaeli indodana ka Netania wa

puma eMizpa ukuya kubahlangabeza, e hamba e kala. Kwa ti, e sa hlangana nabo, wa ti kubo, Wozani kuGedalia indodana ka Ahikamu.

7 Kwa ti, se be ngenile pakati komuzi, uIshamaeli indodana ka Netania wa ba bulala, wa ba ponsa emgodini, yena nabantu aba be naye.

8 Kepa kwa funyanwa kubo abantu aba ishumi aba ti kuIshmaeli, U nga si bulali, ngokuba si nemfuyo endhle yokolweni nebarle namafuta nezinyosi. Wa ba yeka e nga ba bulalanga kanye nabafo wabo.

9 Umgodi, uIshmaeli a ponsa kuwo izidumbu zonke zabantu a e ba bulele ngesandhla sika Gedalia, wa u iwo a e wenzile uAsa inkosi ngenxa ka Basha inkosi ya kwaIsraeli; uIshmaeli indodana ka Netania wa u gcwalisa ngababuleweyo.

10 uIshmaeli wa tumba insalo yonke yabantu aba seMizpa, amantombazana enkosi, nabantu bonke abaseleyo eMizpa, uNebuzaradani induna yamapolisa a e ba nikele kuGedalia indodana ka Ahikamu; uIshmaeli indodana ka Netania wa ba tumba, wemukela nabo kwabaka Amóni.

11 Kepa uJohanani indodana ka Karea, nezinduna zonke zempi eza zi naye, se be zwile okubi konke uIshmaeli indodana ka Netania a e kwenzile,

12 Ba tabata abantu bonke, ba ya ukulwa noIshmaeli indodana ka Netania, ba m fumana ngasemanzini amakulu a seGibeoni.

13 Kwa ti abantu bonke aba be noIshmaeli, se be bonile uJohanani indodana ka Karea, nezinduna zonke zempi eza zi naye, ba jabula.

14 Ba penduka abantu bonke a e ba tumbile eMizpa uIshmaeli, ba buya ba ya kuJohanani indodana ka Karea.

15 Kepa uIshmaeli indodana ka Netania wa sinda kuJohanani yena nabantu abashiyagalombili, ba ya kwabaka Amoni.

16 Kona uJohanani indodana ka Karea, nezinduna zonke zempi eza zi naye; ba tabata insalo yonke yabantu, a e ba buyisile kuIshmaeli indodana ka Netania, eMizpa, e se m bulele uGedalia indodana ka Ahikamu, amaqawe, amabuto, nabafazi, nabantwana, nezinceku, a e ba buyisile eGibeoni;

17 Bemuka ba hlala emzini ya seKimehamu, eli ngaseBetlehema, ukuya kungena Egipite,

18 Ngenxa yamaKaldea, ngokuba ba wesaba, ngokuba uIshmaeli indodana ka Netania wa e m bulele uGedalia indodana ka Ahikamu, inkosi ya seBabulona e be m enzile umbusi wezwe.

## ISAHLUKO 42.

KONA izinduna zonke zempi, noJohanani indodana ka Karea, noJezania indodana ka Hoshaia, nabantu bonke, abanciyane nabakulu, ba sondela,

2 Ba ti kuJeremia umprofeti, Ma ku zwiwe uwe ukukuleka kwetu, u si nxusele kuJehova uTixo wako, u nxusele lensalo yonke, (ngokuba si sele si ngaba incozana kwabaningi njengaloku u si bona ngamehlo ako;)

3 Ukuba uJehova uTixo wako a si tyengise indhlela e nga si hamba ngayo, na loko e nga si kwenza.

4 uJeremia umprofeti wa ti kubo, Ngi zwile; ngi ya kukuleka kuJehova uTixo wenu njengokutyo kwenu; ko ti konke uJehova a ya kunipendula ngako ngi ya kunityela kona; a ngi yi kunifihlela uto.

5 Ba ti kuJeremia, uJehova ka be ufakazi wesiminya noqinisileyo pakati kwetu wokuti, si ya kwenza konke uJehova uTixo wako a ya kukutumela ngako kitina.

6 Noma ku kuhle, noma ku kubi, si ya kulalela izwi lika Jehova uTixo wetu, esi ku tumayo kuye; ukuba ku be kuhle kitina, ngokuba si lalela izwi lika Jehova uTixo wetu.

7 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku ezi ishumi izwi lika Jehova la fika kuJeremia.

8 Wa biza uJohanani indodana ka Karea nezinduna zonke zempi eza zi naye, nabantu bonke abancinyane nabakulu, wa ti kubo,

9 U tyo uJehova uTixo ka Israeli ena ngi tuma kuye ukuba ngi ni kulekele pambi kwake.

10 Uma ni hlala kulelizwe ngi ya kunaka, ngi nga ni bidhlizi; ngi ya kunityala, ngi nga ni sipuli; ngokuba ngi dabukile ngokubi engi kwenzileyo kini.

11 Ni ngesabi inkosi ya seBabulona eni yesabayo; ni nga yesabi, u tyo uJehova; ngokuba ngi nani ukunisindisa nokunikulula esandhleni sayo.

12 Ngi ya kunenzela ububele ukuba i ni haukele, i ni buyisele ezweni la kini.

13 Kepa uma ni ti, A si yi kuhlala ku-

lelizwe, a si yi kulalela izwi lika Jehova
uTixo wako;
14 Ni ti, Qa, kodwa si ya kuya ezweni
la sEgipite, ukuba si nga boni ukulwa,
si ngezwa ukukala kwetilongo, si nga
lambeli ukudhla; si ya kuhlala kona.
15 Ngakoke yizwani izwi lika Jehova,
nina nsalo ya kwaJuda; U tyo uJehova
wemikosi uTixo ka Israeli, Uma ni qo-
nda impela ukuya Egipite, ni ye uku-
hlala kona,
16 Ku za kuti inkemba, ena yesabayo,
i ya kunifumanisa kona ezweni la sEgi-
pite, indhlala, ena yesabayo, i ya kuni-
landela kona Egipite; ni ya kufa kona.
17 Ko ba njalo kubantu bonke aba qo-
nda ukuya Egipite ukuba ba hlale ko-
na; ba ya kufa ngenkemba, na nge-
ndhlala, na ngesifo, ku nga bi ko osele-
yo kubo, nosindileyo ebubini, engi ya
kubehlisela pezu kwabo.
18 Ngokuba u tyo uJehova wemikosi
uTixo ka Israeli, Njengaloku ukutuka-
tela kwami nolaka lwami kwa telwa pe-
zu kwabantu ba seJerusalema, ulaka
lwami lu ya kutelwa pezu kwenu, nxa
ni ngena Egipite; ni ya kuba into yo-
kutelwa ngenhlamba, neyokwesabeka,
neyokwetukwa, neyokweiswa; a ni sa
yi kubuya ni bone lendawo.
19 uJehova u tyilo kini, nina nsalo
ya kwaJuda, wa ti, Ni nga yi Egipite;
yazini impela ukuti ngi ni yalile na-
mhla.
20 Na zikohlisa mhla ni ngi tuma
ukuya kuJehova uTixo wenu, ni ti, Si
kulekele kuJehova uTixo wetu; konke
a ya kukutyo uJehova uTixo wetu si ku
tyele, si ya kukwenza.
21 Se ngi ni tyelile namhla; kepa a
ni lalelanga izwi lika Jehova uTixo
wenu, na ngaluto a ngi tumela kini
ngalo.
22 Ngakoke yazani impela ukuti ni ya
kufa ngenkemba, na ngendhlala, na
ngesifo, endaweni eni tanda ukuya ku-
hlala kuyo.

## ISAHLUKO 43.

KWA ti, uJeremia se e qedile ukuku-
luma kubantu bonke amazwi onke
ka Jehova uTixo wabo, a e m tumele
kubo uJehova uTixo wabo ngawo, la-
wamazwi,
2 uAzaria indodana ka Hoshaia, no-
Johanani indodana ka Karea, nabantu
bonke abazidhlayo ba kuluma ba ti ku-
Jeremia, U kuluma amanga; uJehova
uTixo wetu ka ku tumanga ukuba u ze
u ti, Ni nga yi Egipite ukuba ni hlale
kona;
3 Kepa uBeruki indodana ka Neria u
ku vusile ngati, ukuba si nikelwe eza-
ndhleni zamaKaldea, ukuba a si bulale,
a si tumbele eBabulona.
4 Kwa njalo uJohanani indodana ka
Karea, nezinduna zonke zempi, nabantu
bonke, a ba lalelanga izwi lika Jehova
lokuba ba hlale ezweni la kwaJuda.
5 Kepa uJohanani indodana ka Ka-
rea, nezinduna zonke zempi, ba tabata
aba insalo yonke ya kwaJuda ababuyile-
yo ezizweni zonke, aba be xotyelwe ku-
zo, ukuba ba hlale ezweni la kwaJuda;
6 Amadoda, nabafazi, nabantwana,
nanadodakazi enkosi, nabantu bonke
uNebuzaradani induna yamapolisa a e
ba shiyile noGedalia indodana ka Ahi-
kamu indodana ka Shafani, noJeremia
umprofeti, noBaruki indodana ka Neria.
7 Kwa njalo ba ya ezweni la sEgipite;
ngokuba a ba lalelanga izwi lika Jeho-
va; ba ya ba fika eTapanesi.
8 Izwi lika Jehova la fika kuJeremia
eTapanesi, la ti,
9 Tabata amatye amakulu ngezandhla
zako, u wa fihle odakeni endaweni yo-
kubumba isitini, e ngasemnyango we-
ndhlu ka Faro eTapanesi, pambi kwa-
bantu bonke ba kwaJuda.
10 U ti kubo, U tyo uJehova wemikosi
uTixo ka Israeli, Bheka, ngi ya kutuma,
ngi m tabate uNebukadrezari inkosi ya
seBabulona, inceku yami, ngi beke isi-
hlalo sake pezu kwalawamatye engi wa
fihlileyo; u ya kuwembesa ngesivunulo
sake.
11 U ya kufika a tyaye izwe la sEgi-
pite, a nikele ekufeni aba za kufa, na se-
kutunjweni aba za kutunjwa, na senke-
mbeni aba miselwe inkemba.
12 Ngi ya kupemba umlilo ezindlini
zotixo ba sEgipite; u ya kubatyisa, a
ba tumbe; u ya kwambata izwe la sEgi-
pite njengomalusi e mbata ingubo yake,
a pume kahle kona.
13 U ya kufohloza izitombe zeBetshe-
meshi, eli sezweni la sEgipite; a tyise
ngomlilo izindhlu zotixo ba sEgipite.

## ISAHLUKO 44.

IZWI ela fika kuJeremia, kubaJuda
bonke aba be hlala ezweni la sEgipite,
be hlala eMigdoli, naseTapanesi nase-
Nofi, na sezweni la sePatrosi, li ti,
2 U tyo uJehova wemikosi, uTixo ka

Israeli, u ti, Ni bonile okubi konke engi
kwehlisele iJerusalema na semizini yo-
nke ya kwaJuda; bheka, i hlezi i cite-
kile namhla; a ku ko muntu owakileyo
kuyo;
3 Kwenziwa ngokona kwabo, aba
kwenzileyo, ba ngi tukutelisa, ba tyisa
impepo, ba konza abanye otixo aba nga
baziyo, bona, nani, noyihlo benu.
4 Nga tuma kini izinceku zonke zami
abaprofeti, nga qinisa nga ba tuma, nga
ti, Au, ni ngenzi loku okunengekayo
engi ku zondayo.
5 Kepa a ba lalelanga, a ba bekanga
indhlebe yabo ukupenduka ekoneni
kwabo, ukuba ba nga tyiseli abanye otixo
impepo.
6 Ngako kwa tululwa ulaka lwami
nokutukutela kwami, kwa vuta emizini
ya kwaJuda na sezitalatini zeJerusale-
ma, i hlezi i citekile i qediwe, njenga na-
mhla nje.
7 Ngakoke u tyo uJehova, uTixo we-
mikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Nenzelani
lokukona okukulu, ni yona imipefumlo
yenu, ku nqunywe kini amadoda naba-
fazi nabantwana nabancelayo kwaJuda,
ku ze ku nga sali muntu kini;
8 Ngokungitukutelisa ngemisebenzi
yezandhla zenu, ngokubatyisela abanye
otixo impepo ezweni la sEgipite, eni yile
ukuhlala kulo, ukuba ni nqunywe, no-
kuba ni be abokutukwa nabokweiswa
ezizweni zonke zomhlaba?
9 Ni kohliwe ini ukona koyihlo benu,
nokona kwamakosi a kwaJuda, nokona
kwabafazi bawo, nokona kwenu, nokona
kwabafazi benu, aba kwenzileyo ezweni
la kwaJuda na sezitalatini zeJerusa-
lema?
10 A ba ka tobeki na namhla, a besa-
banga, a ba hambanga ngomteto wami
na ngezimiso zami, enga zi beka pambi
kwenu na pambi koyihlo benu,
11 Ngako u tyo uJehova wemikosi,
uTixo ka Israeli, u ti, Bheka, ngi ya ku-
beka ubuso bami kini ku be kubi, ngi
nqume aba kwaJuda bonke.
12 Ngi ya kutabata abaseleyo ba kwa-
Juda, aba beka ukuya Egipite ukuhla-
la kona; ba ya kuqedwa bonke; ba fe
ezweni la sEgipite; ba ya kuqedwa nge-
nkemba na ngendhlala; ba ya kufa,
abancinyane nabakulu, ngenkemba na
ngendhlala; ba ya kuba abokutelwa
ngenhlamba, nabokuciteka, nabokutu-
kwa nabokweiswa.
13 Ngokuba ngi ya kubatyaya abakile-
yo ezweni la sEgipite, njengaloku ngi
tyayile iJerusalema, ngenkemba, na
ngendhlala na ngesifo;
14 A ku yi kubako abasindileyo naba-
seleyo kwaba insalo ya kwaJuda, aba
yileyo ezweni la sEgipite ukuhlala kona,
aba za kubuyela ezweni la kwaJuda, aba
tanda ukubuya ba hlale kona, ngokuba
a ku yi kubuya muntu, kupela abasi-
ndayo.
15 A pendula amadoda onke aziyo
ukuti, abafazi bawo ba be tyisele abanye
otixo impepo, nabafazi bonke aba bemi
kona emhlanganweni omkulu, abantu
bonke abakileyo ezweni la sEgipite,
ePatrosi, ba pendula uJeremia, ba ti,
16 A si yi kukulalela ngalelizwi o li
tyiloyo kitina ngegama lika Jehova.
17 Kepa si ya kwenza' impela konke
okupumileyo emlonyeni wetu, si tyisele
inkosikazi yezulu impepo, si i telele imi-
nikelo yokupuza, njengaloku senzile,
tina, nobaba betu, namakosi etu, neziku-
lu zetu, emizini ya kwaJuda na sezitala-
tini zeJerusalema; sa si suti ukudhla, sa
hlala kahle, ka sa bona okubi.
18 Kepa iloku sa yeka ukutyisela
inkosikazi yezulu impepo nokuitelela
iminikelo yokupuza si swele konke, si
qedwe ngenkemba na ngendhlala.
19 Na lapo sa si tyisela inkosikazi ye-
zulu impepo, sa i telela iminikelo yoku-
puza, sa yenzela ini izinkwana zokubo-
nga, sa i telela iminikelo yokupuza nga-
pandhle kwamadoda etu na?
20 uJeremia wa se e ti kubantu bonke,
kuwo amadoda, na kubafazi, na kubantu
bonke aba be m pendulile ngalelozwi,
wa ti,
21 Impepo ena i tyisayo emizini ya
kwaJuda na sezitalatini zeJerusalema,
nina, noyihlo benu, namakosi enu, nezi-
kulu, nabantu bezwe, uJehova ka i
kumbulanga na, ka ku ngenanga enhli-
ziyweni yake na?
22 uJehova wa e nga se nakubekeze-
la okubi kwemisebenzi yenu, okunenge-
kayo eni kwenzileyo; ngako izwe lenu
li citekile, li qediwe, li tukiwe, ku nge
ko muntu owakileyo kulo.
23 Ngokuba ni tyisile impepo, nonile
kuJehova, ni nga laleli izwi lika Jeho-
va, ni nga hambi ngomteto wake, na
ngezimiso zake, na ngemiyalo yake,
ngako nehlelwe i lobububi njenga na-
mhla.
24 Futi uJeremia wa ti kubantu bo-
nke, na kubafazi bonke, Yizwani izwi

lika Jehova, nina nonke ba kwaJuda,
eni sezweni la sEgipite;
25 U tyo uJehova wemikosi, uTixo ka
Israeli, u ti, Nina nabafazi benu, ni ku-
lumile ngemilomo yenu, nenza ngeza-
ndhla zenu, na ti, Impela si ya kugcina
izifungo zetu, esi zi fungileyo, si tyisele
inkosikazi yezulu impepo, si i telele
iminikelo yokupuza; impela ni ya ku-
feza izifungo zenu, impela ni ya kugcina
izifungo zenu.
26 Ngako yizwani izwi lika Jehova,
nina nonke ba kwaJuda enakileyo
ezweni la sEgipite; u tyo uJehova u ti,
Bheka, ngi fungile igama lami elikulu,
igama lami a li yi kubuya li bizwe
umlomo womuntu wa kwaJuda ezweni
lonke la sEgipite, ngokuti, Kupila kwe-
Nkosi, uJehova.
27 Bheka, ngi ya kubalinda ku be ku-
bi, ku nga bi kuhle, abantu bonke ba
kwaJuda aba sezweni la sEgipite ba ya
kuqedwa ngenkemba, na ngendhlala ba
ze ba pele.
28 Kepa aba sindayo enkembeni ba ya
kubuya ezweni la sEgipite ba ye ezweni
la kwaJuda, nabaseleyo bonke ba kwa-
Juda aba yile ezweni la sEgipite, ukuba
ba hlale kona, ba ya kwazi ukuba ilipi
izwi eli yi kuma, nokuba elami, nokuba
elabo.
29 Lesi si ya kuba isibonakaliso, u tyo
uJehova, sokuti ngi ya kunityaya ku le-
ndawo, ukuba nazi ukuti, amazwi ami a
ya kunimela impela ku be kubi,
30 U tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya
kunikela uFarohofra, inkosi ya sEgipi-
te, esandhleni sezita zake, na sesandhle-
ni sabafuna ukupila kwake; njengalo-
ku nga m nikela uZedekia, inkosi ya
kwaJuda, esandhleni sika Nebukadre-
zari, inkosi ya seBabulona, isita sake, e
funa ukupila kwake.

## ISAHLUKO 45.

IZWI a li tyoyo uJeremia umprofeti
kuBaruki indodana ka Neria, e sa lo-
ba lawamazwi encwadini, e wa tata
emlonyeni ka Jeremia, ngomnyaka we-
sine ka Jehoakimu indodana ka Josia,
inkosi ya kwaJuda, li ti,
2 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, ku-
we, Baruki, u ti,
3 U bu tyo, u ti, Nako kimina! ngo-
kuba uJehova enezele ukudabuka osizi-
ni lwami; ngi diniwe ngokukala kwa-
mi; a ngi fumani ukupumula.
4 Wo tyo kuye, u ti, U tyo uJehova, u
ti, Bheka, loko engi kwakileyo ngo ku
bidhliza; na loko engi ku tyalileyo ngo
ku sipula, yebo, lelizwe lonke.
5 U zifunela izinto ezinkulu na? u
nga zi funi; ngokuba, bheka, ngi ya
kwehlisela kubantu bonke okubi, u tyo
uJehova; kepa ukupila kwako ku ya
kuba impango yako ezindaweni zonke o
ya kuzo.

## ISAHLUKO 46.

IZWI lika Jehova ela fika kuJeremia
umprofeti ngabezizwe,
2 NgEgipite, na ngempi ka Faroneko
inkosi ya sEgipite, eya i ngasemfuleni
uUfrate eKarkemishi, a i tyayayo uNe-
bukadrezari inkosi ya seBabulona ngo-
mnyaka wesine ka Jehoakimu indodana
ka Josia inkosi ya kwa Juda.
3 Lungisani ihau nesihlangu, ni so-
ndele ekulweni.
4 Bopani amahashi, ni kwele, nina
bamahashi, ni suke ni me ni neziqo-
ko, ni pucuze imikonto, nambate ama-
bantyi.
5 Ku ngani ukuba ngi ba bone be
tyaywe uvalo, be buyela emva? ama-
qawe abo a citekile, a baleka nokubale-
ka, e nga bheki emuva, ku kona ukwe-
saba; u tyo uJehova.
6 O nejubane ka nga baleki, iqawe
a li nga sindi; ba ya kukubeka ba we
ngasenyakato, nga semfuleni uUfrate.
7 Ubani lo owenyukayo njengoNile,
amanzi ake a guba njengozamcolo?
8 iEgipite lenyuka njengoNile, ama-
nzi alo a guba njengozamcolo, la ti, Ngi
ya kwenyuka, ngi mboze izwe, ngi qede
umuzi nabakileyo kuwo.
9 Kupukani, mahashi; futani, zinqo-
la; a ku pume amaqawe, uKushi no-
Puti, aba pata isihlangu; naba kwa
Ludi, aba pata umcibityolo be u nya-
tela.
10 Lolosuku lu ngolweNkosi, uJehova
wemikosi, usuku lokupindisela lokuba
a pindisele kwaba izita zake; inkemba
i ya kudhla, i sute, i dakwe igazi labo;
ngokuba iNkosi, uJehova wemikosi, i
nomhlatyelo ezweni la senyakato nga-
semfuleni uUfrate.
11 Yenyuka u ye eGiladi, u tabate iba-
lsamu, ntombi, ndodakazi ya sEgipite;
u pata ngeze imiti eminingi, a u naku-
pola.
12 Izizwe zi zwile ngehlazo lako; izwe
li gcwele ngokukala kwako; ngokuba
iqawe la kubekisana neqawe a wa nda-
wonye omabili.

13 Izwi a li tyoyo uJehova kuJeremia umprofeti ngokuza kuka Nebukadrezari, inkosi ya seBabulona, ukutyaya izwe la sEgipite.

14 Yazisani Egipite, ni memezele eMigdoli, ni memezele eNofi na seTapanesi, ni ti, Suka u me, u lungise; ngokuba inkemba i dhlile abakelene nawe.

15 Iziqwaga zako zi kukulelweni? a zi manga, ngokuba uJehova wa zi kukula.

16 U yandisa ababutakataka, yebo ba ya wa omunye pezu komunye; ba ti, Sukani, a si buyele kwabakiti, na sezweni esa zalwa kulo, si muke enkembeni e si bulalayo.

17 Ba kala kona ba ti, uFaro inkosi u citekile; u lahlekelwe isikati e be si misiwe.

18 Kupila kwami, i tyo iNkosi, uJehova wemikosi igama layo, impela njengeTabori ezintabeni, na njengeKarmeli ngaselwandhle, u ya kuza.

19 Zenzele impahla yokutumbeka wena owakileyo, ndodakazi ya sEgipite; ngokuba iNofi li ya kuba ihlane, li citeke li ngakiwa muntu.

20 iEgipite li isitokazi esihle, kepa ku yeza ku yeza ukufa ku vela ngasenyakato.

21 Abakokelwayo balo pakati kwalo ba njengamatole anonileyo, ngokuba be penduka, be baleka kanyekanye, ka bemi, ngokuba behlelwe usuku losizi lwabo, isikati sokutyaywa kwabo.

22 Izwi lalo li ya hambisa okwelenyoka, ngokuba be hamba nempi, beza kulo be pete izimbazo njengabagaulayo imiti.

23 Ba gaulile ihlati lalo, u tyo uJehova; ngokuba a li nakuhanjelwa, ngokuba be ba ningi ku nesikonyana, be nge nakubalwa.

24 Indodakazi ya sEgipite i jabile, i nikelwe esandhleni sabantu ba senyakato.

25 U tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Bheka, ngi tyaya uAmoni wa seNo, noFaro, nEgipite, notixo balo, namakosi alo, uFaro nabatemba kuye.

26 Ngi ba nikela esandhleni sabafuna ukupila kwabo, na sesandhleni sika Nebukadrezari inkosi ya seBabulona, na sesandhleni sezinceku zake; kona li ya kwakiwa njengendulo, u tyo uJehova.

27 Kepa u ngesabi, wena nceku yami Jakobe, u nga tyaywa uvalo, wena Israeli; ngokuba bheka, ngi ya kukusindisa u sekude, nenzalo yako ezweni e tunjelwe kulo; uJakobe u ya kubuya, a hlale kahle, a buse, a nga satyiswa muntu.

28 U ngesabi, wena nceku yami Jakobe, u tyo uJehova, ngokuba ngi nawe; ngokuba ngi ya kuqeda izizwe engi ku xotyele kuzo, kepa a ngi yi kukuqeda wena, ngi ya kukululeka ngokufaneleyo, ngi nga tyo ukuti a u nacala.

## ISAHLUKO 47.

IZWI lika Jehova ela fika kuJeremia umprofeti ngamaFilisti, uFaro e nga ka tyayi iGaza.

2 U tyo uJehova, u ti, Bheka, amanzi a yenyuka ngasenyakato, a be uzamcolo o kukulayo, a kukule a qede izwe nako konke oku kulo; umuzi nabakileyo kuwo; abantu ba ya kukala, bonke abakileyo ezweni ba ya kulila.

3 Ngokuzwakala kwezigqi zamasondo amahashi ake a qata, ngokuhlokoma kwezinqola zake, udumo lwamasondo ake, oyise a ba pendukeli kubantwana babo ngobutakataka bezandhla zabo;

4 Ngenxa yosuku oluzayo ukucita onke amaFilisti, ukunquma eTire na seSidoni bonke abasizayo abaseleyo; ngokuba uJehova u ya cita amaFilisti, abaseleyo bezwe la seKaftori.

5 Ubumpandhla se bu fikile eGaza, ku citiwe iAshkeloni, insalo yesihlambo sabo; u ya kuzisika ku ze ku be nini na?

6 Au, nkemba ka Jehova, ko za ku be nini u nga tuli na? Buyela eikeni lako, u hlale u tule.

7 U nga tula kanjani? uJehova u i yalile ngeAshkeloni na ngezwe eli ngasolwandhle. U i misele kona.

## ISAHLUKO 48.

NGOMOABI u tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Nako kulo iNebo, ngokuba li citekile; iKiriataimi li jabile, li nqotyiwe; iMisgabi li jabile, lesabeka.

2 uMoabi ka se nakubongwa; ba cebile okubi ngaye eHeshboni, be ti, Wozani, si m nqume, a nga bi isizwe. Nawe, Madmeni, u qediwe, inkemba i ku landela.

3 Izwi lokukala li vela eHoronaimi; ukupangwa nokuciteka okukulu.

4 uMoabi u citekile; ku zwakele ukukala kwabancinyane bake.

5 Ngokuba ekwenyukeni kwa seLu-
hiti kwenyukwa ngokulila, ngokulila; ngokuba ekwehleni kwa seHoronaimi ku zwakele izita zokukala kokuciteka.
6 Balekani, ni zisindise, ni be njengo-
hleziyo yedwa ehlane.
7 Ngokuba ngokwetemba kwako emi-
sebenzini yako na semfuyweni yako, nawe u ya banjwa, noKemoshi u ya kutunjwa, kanye nabapristi bake nezikulu zake.
8 Umpangi u ya kufika emizini yo-
nke, u nga sindi namuzi; isihlambo so citeka, netafa li ya kuqedwa, njengokutyo kuka Jehova.
9 Nikani uMoabi amapiko, ngokuba u
ya kubaleka, kepa imizi yalo i ya kuciteka, i ngakiwa muntu.
10 Ka tukiwe lowo o sebenza umse-
benzi ka Jehova ngokunqena; ka tukiwe lowo o vimbela inkemba yake i nga palazi igazi.
11 uMoabi u be hlezi kahle iloku wa
zalwa, wa hlala enzikeni yake, ka tululwanga ezityeni ngezitya, ka tunjwanga; ngako ukuzwakala kwake ku ini kuye, nepunga lake a li guqukanga.
12 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku, u
tyo uJehova, engi ya kutuma ngazo abatambekisi aba za kumtambekisa, ba tulule izitya zake, ba pahlaze amagaba abo.
13 uMoabi u ya kujaba ngoKemoshi,
njengabakwaIsraeli ba jaba ngeBeteli, itemba labo.
14 Ni nga tyo kanjani ukuti, si
ngamaqawe, si ngabantu abaqata ekulweni?
15 uMoabi u citekile, imizi yake i ye-
nyuka; izinsizwa zake ezinhle zehla ukuya kubulawa, i tyo iNkosi, uJehova wemikosi igama layo.
16 Ukuhlupeka kuka Moabi ku seduze
ukufika, usizi lwake lu ya tyetya ngamandhla.
17 M kaleleni, nina nonke enakeleni
naye, nani nonke enaziyo igama lake, ni ti, Yeka, yapukile intonga e namandhla, uti oluhle.
18 Yehla ebukosini, u hlale womile,
wena owakileyo ndodakazi ya seDiboni; ngokuba ocitayo uMoabi u yeza kuwe, u ya bidhliza izinqaba zako.
19 Yima ngasendhleleni, u buke, wena
sifazana owakileyo eAroeri; u buze kowesilisa obalekayo, na kowesifazana osindayo, u ti, ku ini okwenziweyo?
20 uMoabi u jabile; ngokuba u bidhli-
ziwe. Lila, u kale; memezelani eArnoni, ni ti, uMoabi u citekile;
21 Ukwahlula kwehlele ezweni letafa,
eHoloni, na seJahaza, na seMefati,
22 Na seDiboni, na seNebo, na seBetdi-
blataimi,
23 Na seKiriataimi, na seBetgamuli,
na seBetmeoni,
24 Na seKerioti, na seBozra, na semi-
zini yonke yezwe lika Moabi, e kude ne seduze.
25 Upondo luka Moabi lu nqunyiwe,
nengalo yake yapukile, u tyo uJehova.
26 M dakiseni, ngokuba u zikukume-
zile kuJehova; uMoabi u ya kuhlala ebuhlanzweni bake, u ya kweiswa.
27 uIsraeli wa e ngeiswanga uwe ini,
lapo e se funyenwe pakati kwamasela? ngokuba nxa u kuluma ngaye wa nikina ikanda.
28 Shiyani imizi, ni hlale edwaleni,
nina bakileyo kwaMoabi, ni be njengejuba elakayo ezindongeni ngasesiweni.
29 Si zwile ukuzidhla kuka Moabi, o
zidhlayo kakulu, ukupakama kwake, nokuzidhla kwake, nobukosi bake, nokukukumala kwenhliziyo yake.
30 Ngi ya kwazi ukuzidhla kwake, u
tyo uJehova, nokuize kokubonga kwake, a kwenzanga luto.
31 Ngako ngi ya lilela uMoabi, ngi ya
kukalela uMoabi wonke, ku dabukelwa abantu ba seKerheresi.
32 Ngi ya kalela iJazeri ngi suke ngi
ku kalele, wena vini la seSibma; amahlumela ako a welile ulwandhle, a finyelela elwandhle lwa seJazeri; o citayo wehlele ezitelweni zemiti na sezitelweni zesivini;
33 Kwamukiwe ukwenama nokujabu-
la emasimini emiti na sezweni lika Moabi; ngenzile ukuba ku nqamuke iwaini ezikameni; a ba yi kunyatela ngokuhalalisa, ngokuhalalisa oku nge siko ukuhalalisa.
34 Ba kipa izwi labo ku suka eHeshbo-
ni ku ze ku fike eEleale, ku ze ku fike eJahazi; ku suka eZoari ku ze ku fike eHoronaimi, be kalisa okwesitokazi esiminyaka mitatu, ngokuba namanzi a seNimrimi a ya kuciteka.
35 Ngi ya kuqeda eMoabi, yena oni-
kelayo ezindaweni ezipakamileyo, notyisela otixo bake impepo.
36 Ngako inhliziyo yami i ya kalela
uMoabi njengemityingo; inhliziyo yami i ya kalela abantu ba seKirheresi, ngokuba ubuningi a bu zuzileyo bu citekile

37 Ngokuba amakanda onke a izimpa-
ndhla, nezilevu zonke zi puculiwe, iza-
ndhla zonke zi zauliwe, nezinkalo zi
botyiwe ngendwangu yamasaka.
38 Ku kona ukulila pezu kwezindhlu
zonke zika Moabi, na sezitalatini zake;
ngokuba ngi ma pulile uMoabi njengesi-
tya esi nge nakutandeka, u tyo uJehova.
39 Yeka, wapukile, ba ya lila; yeka,
uMoabi u pendukile e hlazekile; uMoabi
u ya kudelelwa, a sabeke kubo bonke
abakelene naye.
40 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Bhe-
ka, u ya ndiza njengokozi, elule amapi-
ko ake pezu kuka Moabi.
41 Imizi i nqotyiwe, izinqaba zi zume-
kile, inhliziyo yamaqawe a kwaMoabi
ngalolosuku i ya kuba njengenhliziyo
yomfazi obeletayo.
42 uMoabi u ya kunqunywa a nga
bi isizwe, ngokuba u zikukumezile ku-
Jehova.
43 U yehlelwa ukwesaba, negebe, no-
mgibe, wena owakileyo kwaMoabi, u
tyo uJehova.
44 Obalekela ukwesaba u ya kuwa ege-
beni, nopumayo egebeni u ya kubanjwa
ngomgibe; ngokuba ngehlisela kuye,
yebo, kuMoabi umnyaka wokutyaywa
kwabo, u tyo uJehova.
45 Ababalekileyo ba yema emtunzini
wa seHeshboni be nge namandhla; ngo-
kuba umlilo u ya puma eHeshboni, ne-
langabi eSihoni, ku ya dhla izwe la
kwaMoabi nokakayi lwabantwana bo-
msindo.
46 Nako kuwena, Moabi, abantu ba
seKemoshi ba pelile, ngokuba amado-
dana ako a tunjiwe, namadodakazi ako
a tunjiwe.
47 Kepa ngi ya kubuyisa abatunjiweyo
ba kwaMoabi ezinsukwini zokupela, u
tyo uJehova. Se ku pelile ukwahlulwa
kuka Moabi.

## ISAHLUKO 49.

NGABANTWANA baka Amoni, u
tyo uJehova, u ti, uIsraeli ka naba-
ntwana? ka nandhlalifa na? Po, uMa-
lkomi u dhlelani ifa lika Gadi, abantu
bake be hlala emizini yake.
2 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku, u
tyo uJehova, engi ya kuzwakalisa ngazo
umkosi wokulwa eRaba la kwaAmoni;
li ya kuba inqwaba yezibi, amadodakazi
alo a ya kutyiswa ngomlilo; uIsraeli u
ya kuba indhlalifa yezindhlalifa zake, u
tyo uJehova.
3 Kala, Heshboni, ngokuba iAi li cite-
kile; kalani, nina madodakazi ka Raba,
ni bince indwangu yamasaka; ni lile, ni
gijigijime ezindongeni: ngokuba uMa-
lkomi u ya kutunjwa, abapristi bake ne-
zikulu zake kanyekanye.
4 U zikukumezelani ngezihlambo za-
ko na? isihlambo sako si yemuka na-
manzi, wena ndodakazi ehlubukayo,
eyetemba imfuyo yayo, i ti, Ubani o ya
kuza kimi na?
5 Bheka, ngi yehlisela kuwe ukwesa-
ba ku vela kubo bonke abakelene nawe,
i tyo iNkosi, uJehova wemikosi; ni ya
kuxotywa, ku be ilowo a qonde; a ku yi
kubako obutayo abedukileyo.
6 Kodwa ngi ya kubuya ngi buyisele
abatunjiweyo ba kwaAmoni, u tyo uJe-
hova.
7 NgoEdomi, u tyo uJehova wemi-
kosi, u ti, A ku se ko ukuhlakanipa
eTemani na? ukuceba ku pelile kwaba-
qondayo na? ukuhlakanipa kwabo ku
nyamalele na?
8 Balekani, pendukani, hlalani ezi-
ndaweni ezijulileyo, nina bakileyo eDe-
dani, ngokuba ngi yehlisela kuye uku-
bujiswa kuka Esau, isikati engi m tyaya
ngaso.
9 Uma ku fika kuwe aba vuna amavi-
ni a ba shiyi amavini okukotozwa, uma
amasela e fika ebusuku a ya cita a ze
e sute.
10 Ngokuba ngi nqunisile uEsau, ngi
penyile izindawo zake zokucatya; ka
nakucatya; inzalo yake i citekile na-
bafo wabo, nabakelene naye, ka se ko.
11 Shiya izintandane zako, ngi ya ku-
zigcina, zi pile, nabafelokazi bako ma ba
tembe kimi.
12 Ngokuba u tyo uJehova, u ti,
Bheka, labo, aba nomteto wokungapuzi
isitya, bo si puza, wena u ya kutetele-
lwa ini? a u yi kutetelelwa, kepa wo
si puza.
13 Ngokuba ngi zifungile, u tyo uJe-
hova, nga ti, iBozra li ya kuciteka, li
delelwe, li be ugwadule, li tukwe; ne-
mizi yonke yalo i ya kuhlala i citekile
njalo.
14 Ngi zwile indaba e vela kuJehova,
isigijimi si tunyiwe ezizweni, si ti, Bu-
tani, ni hlasele kulo, ni sukele ukulwa.
15 Ngokuba, bheka, ngi ya kukwenza
u be mncinyane ezizweni, u delelwe
abantu.
16 Ukwesabeka kwako ku ku kohlisi-
le, ukuzidhla kwenhliziyo yako, wena o

hlezi ezimfanteni zamatye, o nesiqongo
sentaba; noma waka indhlu yako pezu-
lu njengokozi, ngi ya kukwehlisa kona,
u tyo uJehova.
17 Naye uEdomi u ya kuciteka; bonke
aba dhlula kuye ba ya kwetuka, ba
hlabe amakwelo ngenxa yokutyaywa
konke kwake.
18 Njenga sekucitekeni kweSodoma
neGomora nemizi e ngakona, u tyo uJe-
hova, a ku yi kwaka kona umuntu, ne-
ndodana yomuntu a i yi kuhlala kwake.
19 Bheka, u ya kupuka njengengo-
nyama ekuzidhleni kweJordani u ye
edhlelweni eli luhlaza njalonjalo, ngo-
kuba ngokucwazima kweso ngi ya m
xotya lapo; ubani o ketiweyo? ngi ya
kumbeka yena pezu kwake; ngokuba
ubani o ngangami? ubani o ya kungi-
mangalela na? ubani o ngumalusi o
ngema pambi kwami?
20 Ngako yizwani icebo lika Jehova a
li cebileyo ngoEdomi, nezinzindhlo a zi
zindhlile ngabantu ba seTemani; impe-
la ba ya kuhudulwa abancinyane bo-
mhlambi; impela idhlelo li ya kuma-
ngala ngabo.
21 Umhlaba u ya dikizela ngomsindo
wokuwa kwabo; ukukala, udumo lwa-
wo lu zwakele elwandhle olubomvu.
22 Bheka, u yenyuka, a ndize njengo-
kozi, elule amapiko ake pezu kweBozra;
inhliziyo yeziqwaga zika Edomi ngalo-
losuku i ya kuba njengenhliziyo yomfa-
zi o beletayo.
23 NgeDameseku. Ku jabile iHamati
neArpadi; ngokuba be zwile indaba
embi, ba pela mandhla; ku kona ukwe-
saba elwandhle, a lu nakutula.
24 iDameseku se li butakataka; li ya
penduka ukubaleka, li ya tyaywa uva-
lo, li ya banjwa izinsizi nobuhlungu nje-
ngomfazi obeletayo.
25 Yeka, a u shiyiwe lni umuzi odu-
mileyo, umuzi wokutokoza kwami?
26 Ngako izinsizwa zawo zi ya kuwa
ezitalatini, nabantu bonke bokulwa ba
ya kunqunywa ngalolosuku, u tyo uJeho-
va wemikosi.
27 Ngi ya kupemba umlilo odongeni
lweDameseku, o za kuqeda izindhlu-
nkulu zika Benhadadi.
28 U tyo uJehova ngeKedari, na nge-
mibuso ya seHazori, a i nqobayo uNe-
bukadrezari, inkosi ya seBabulona, u ti,
Sukani, ni kupuke ni ye eKedari, ni
cite amadodana a sempumalanga.
29 Ba ya kutabata otente babo nemi-
hlambi yabo, ba zitabatele izilenge zabo,
nezinto zonke zabo, namakamelo abo;
ba ya kukala ngabo ba ti, Ukwesabeka
inxa zonka.
30 Balekani, ni gijime kakulu, ni hla-
le emigodini, nina bantu ba seHazori, u
tyo uJehova, ngokuba uNebukadrezari
inkosi ya seBabulona u cebile icebo nga-
ni, wa qamba isu ngani.
31 Sukani, ni kupuke ni ye esizweni
esitulileyo, si hlezi kahle, u tyo uJeho-
va; a si nasivalo nezihlutulelo, sakile
sodwa.
32 Amakamelo aso a ya kupangwa,
samukwe neningi lezinkomo zaso; ngi
ya kubahlakazela emoyeni yonke aba-
puculwa izilevu emacaleni, ngi behli-
sele izinsizi zi vela inxa zonke, u tyo
uJehova.
33 iHazori li ya kuba indawo yama-
nkentyane, li be ugwadule ku ze ku be
pakade, ku ngaki kona umuntu, nendo-
dana yomuntu i nga hlali kulo.
34 Izwi lika Jehova ela fika kuJere-
mia umprofeti ngeElamu, ekuqaleni
kokubusa kuka Zedekia, inkosi ya kwa-
Juda, li ti,
35 U tyo uJehova wemikosi, u ti, Bhe-
ka, ngi ya kwapula umcibityolo weEla-
mu, amandhla abo amakulu.
36 Ngi ya kwehlisela eElamu imimo-
ya emine i vela emacaleni omane ezulu,
ngi ba hlakazela ku leyomimoya yonke,
ku nga bi ko isizwe aba nga yi kufika
kuso abaxotyiweyo ba seElamu.
37 Ngi ya kwesabisa iElamu pambi
kwezita zabo, na pambi kwabafuna uku-
pila kwabo; ngi ya kubehlisela okubi,
ulaka lwami oluvutiweyo, u tyo uJe-
hova; ngi ya kutuma emva kwabo
inkemba ngi ze ngi ba qede.
38 Ngi ya kumisa isihlalo sami eEla-
mu, ngi bubise kona inkosi nezikulu, u
tyo uJehova.
39 Kepa ku za kuti ezinsukwini zoku-
pela ngi ya kubuyisa abatunjiweyo ba
seElamu, u tyo uJehova.

## ISAHLUKO 50.

IZWI a li tyoyo uJehova ngeBabulona,
ngezwe lamaKaldea, ngoJeremia um-
profeti.
2 Yazisani ezizweni, ni memezele, ni
mise isibonakaliso, memezelani, ni nga
tukusi, ni ti, iBabulona li nqotyiwe,
uBeli u jabile, uMerodaki u bidhliziwe,
izitombe zalo zi jabile, imifanekiso yalo
i bidhliziwe.

3 Ngokuba ku yeza kulo isizwe si vela ngasenyakato, esi ya kucita izwe lalo, ku nga bi ko muntu o hlala kulo; ba ya kubaleka, bemuke, abantu nezilwane.
4 Ngalezozinsuku, na ngalesosikati, u tyo uJehova, abakaIsraeli ba ya kufika, bona kanye nabakaJuda; ba ya kuza be kala, ba fune uJehova uTixo wabo.
5 Ba ya kubuza indhlela e ya eZioni, be bheka kona, be ti, Wozani si hlangane noJehova ngesivumelwano esipakade, esi nga yi kukohlakala.
6 Abantu bami ba be izimvu ezilahlekileyo; abalusi babo ba bedusa, be ba pambukisela ezintabeni, ba hamba izintaba ngezintaba, ba kohlwa indawo yabo yokupumula.
7 Bonke aba ba fumanayo ba ba dhla; izita zabo za ti, A soni ngaluto, ngokuba bonile kuJehova, idhlelo lokulunga, itemba la oyise, uJehova.
8 Balekelani eBabulona, ma ba pume ezweni lamaKaldea, ni be njengezimpongo pambi kwemihlambi.
9 Ngokuba, bheka, ngi ya kuvusa, ngenyusele eBabulona izizwe eziningi ezikulu zi vela ezweni la senyakato; zi ya kuzihlela zi lwe nalo; kona li ya kunqotywa; imicibityelo yazo i ya kuba njengeyeqawe elahlulileyo eli nga buyize.
10 iKaldea li ya kupangwa; bonke aba li pangayo ba ya kusuta, u tyo uJehova.
11 Ngokuba na jabula, ngokuba na tokoza, nina bapangi befa lami, ngokuba neqa njengetokazi eli kalayo, na kalisa okwamahashi.
12 Unyoko u ya kujaba kakulu, owa ni zalayo u ya kuhlazeka; bheka, ukupela kwezizwe, ugwadule, izwe eligugileyo, ihlane.
13 Ngenxa yolaka luka Jehova a li yi kwakiwa muntu, kepa li ya kuhlala li citekile; bonke aba dhlula eBabulona ba ya kumangala, ba hlabe amakwelo ngokutyaywa konke kwalo.
14 Zihleleni eBabulona inxa zonke, nina nonke eni pata umcibityolo, ni li tyaye, ni nga ncityi imicibityolo, ngokuba wonile kuJehova.
15 Memezani kulo inxa zonke, li nikile isandhla salo, izisekelo zalo zi wile, izindonga zalo zi bidhliziwe; ngokuba ku ukupindisa kuka Jehova; pindiselani kulo; nenze kulo njengaloku li kwenzile.
16 Nqumani eBabulona ohlwanyelayo nopata isikela ngesikati sokuvuna; ngenxa yenkemba ebulalayo ma ba buyele bonke kwabakubo ba balekele bonke ezweni lakubo.
17 uIsraeli u izimvu ezicitekileyo; izingonyama zi m xotyile; kuqala inkosi ya seAsiria ya mu dhla, ekupeleni lo uNebukadrezari inkosi ya seBabulona wapulile amatambo ake.
18 Ngako u tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Bheka, ngi ya kutyaya inkosi ya seBabulona nezwe layo, njengaloku ngi tyayile inkosi ya seAsiria.
19 Ngi ya kubuyisela uIsraeli edhlelweni lake; u ya kudhla eKarmeli na seBashani; umpefumlo wake u ya kusuta entabeni ka Efraimi na seGiladi.
20 Ngalezozinsuku, ngalesosikati, u tyo uJehova, ku ya kufunwa icala lika Israeli, kepa a li yi kubako; nezono zika Juda, kepa a zi yi kufunyanwa; ngokuba ngi ya kubatetelela engi ba sindisayo.
21 Kupuka u ye ezweni la seMerataimi, kulona na kubantu ba sePekodi; cita u qede emva kwabo, u tyo uJehova, wenze njengako konke engi ku yalile ngako.
22 Ku kona umsindo wokulwa ezweni, nowokuciteka okukulu.
23 Yeka, isando somhlaba wonke si dabukile, sapukile; yeka, iBabulona li isimangaliso ezizweni.
24 Ngi ku cupile, wa banjwa, Babuloni, u ngazi; u funyenwe, wa banjwa, ngokuba u pikisene noJehova.
25 uJehova u vulile isizibekelo sake, wa kipa izikali zolaka lwake; ngokuba loku ku umsebenzi weNkosi, uJehova wemikosi, ezweni lamaKaldea.
26 Wozani kulo ni vela na semkaulweni wezwe, ni vule izizibekelo zalo, ni li bute ku nga ti izinqwaba zezibi, ni li qede, ku nga sali luto kulo.
27 Hlabani izinkabi zonke zalo, a zeuke zi ye kuhlatywa; nako kuzo, ngokuba se ku fikile usuku lwazo, isikati sokutyaywa kwazo.
28 Umsindo wababalekayo nowabasindayo ezweni la seBabulona, be ya kubika eZioni ukupindisa kuka Jehova, uTixo wetu, ukupindisa kwetempeli lake.
29 Memezani abomcibityolo ba lwe neBabulona; nina nonke eni goba umcibityolo, ni ngenise kulo inxa zonke; a ku nga sindi muntu; ni pindise kulo njengemisebenzi yalo, nenze kulo

njengako konke eli kwenzileyo; ngoku-
ba li zikukumezile kuJehova, kuye o
ingcwele ka Israeli.
30 Ngako izinsizwa zalo zi ya kuwa
ezitalatini zalo, nabantu bonke balo bo-
kulwa ba ya kunqunywa ngalolosuku,
u tyo uJehova.
31 Bheka, ngi ze kuwe, wena ozidhla-
yo, i tyo iNkosi, uJehova wemikosi,
ngokuba se ku fikile usuku lwako, isi-
kati sokutyaywa kwako.
32 Kona ozidhlayo u ya kukubeka a
we, ku nga biko omvusayo; ngi ya ku-
pemba umlilo emizini yalo, o za kuqeda
konke okukona inxa zonke.
33 U tyo uJehova wemikosi; u ti, Ba
hlutywa abakwaIsraeli kanye nabakwa-
Juda; bonke aba ba tumbileyo ba ba ba-
mba ngamandhla, bala ukubayeka.
34 Umkululi wabo u namandhla, uJe-
hova wemikosi igama lake; u ya kuba-
mela kahle, ukuba a tulise izwe, a vuse
abantu ba seBabulona.
35 Inkemba i wengeme amaKaldea, u
tyo uJehova, nabantu ba seBabulona,
nezikulu zalo, nezazi zalo.
36 Inkemba i zengeme izangoma, zi ya
kuba izipukupuku; inkemba i wenge-
me amaqawe, a ya kujaba.
37 Inkemba i wengeme amahashi abo
nezinqola zabo, nabo bonke abahlange-
ne nalo aba kulo, ba ya kuba njengabe-
sifazana; inkemba i yengeme imfuyo
yalo, i ya kupangwa.
38 Ukomisa ku semanzini alo, a ya
kutya; ngokuba li izwe lezitombe, ba
hlwanyele imifanekiso yabo.
39 Ngako izilwane za sendhle zi ya
kuhlala kona namankentyane; izintye
zi ya kuhlala kulo; a li sa yi kubuya
lakiwe napakade, ku nga hlalwa kulo
izizukulwane ngezizukulwane.
40 Njengaloku uTixo wa cita iSodoma
neGomora nemizi eya i kona, u tyo uJe-
hova, a ku yi kwaka kona umuntu, ne-
ndodana yomuntu a i yi kuhlala kulo.
41 Bheka, ku yeza abantu be vela
ngasenyakato, isizwe esikulu, namakosi
amaningi a ya kupuma emikaulweni
yomhlaba.
42 Ba ya pata umcibityolo nomkonto;
ba nonya, be nge namusa; umsindo wa-
bo u dumisa okolwandhle, ba kwele
emahashini be hleliwe njengabantu be
hlelelwe ukulwa, ba hlasela kuwe, ndo-
dakazi ya seBabulona.
43 Inkosi ya seBabulona i zwile udu-
mo lwabo, izandhla zake zi butakataka,
i banjwa izinsizi, nobuhlangu njengo-
mfazi obeletayo.
44 Bheka, u ya kukupuka njengengo-
nyama ekuzidhleni kweJordani u ye
edhlelweni eli luhlaza njalonjalo, ngo-
kuba ngokucwazima kweso ngi ya ba
xotya lapo; ubani oketiweyo? ngi ya
kumbeka yena pezu kwalo; ngokuba
ubani o ngangami? ubani o ya kungi-
mangalela? ubani o ngumalusi o ngema
pambi kwami?
45 Ngako yizwani icebo lika Jehova a
li cebileyo ngeBabulona, nezinzindhlo a
zi zindhlile ngezwe lamaKaldea; impela
ba ya kuhudulwa, abancinyane bomhla-
mbi; impela idhlelo li ya kumangala
ngabo.
46 Umhlaba u ya dikizela ngomsindo
wokunqotywa kweBabulona, ukukala
ku zwakele ezizweni.

## ISAHLUKO 51.

UTYO uJehova u ti, Bheka, ngi ya
kuvusela iBabulona, nabakileyo pa-
kati kwabangivukeleyo, umoya obubi-
sayo.
2 Ngi ya kutuma eBabulona abelayo,
aba za kulela ba tulule izwe lalo, ngo-
kuba ba ya kulipahla ngosuku lokubi.
3 Owomcibityolo ka m gobele lowo
ogobayo na lowo ozipakamisayo embete
ibantyi lokulwa, ni nga zi haukeli izi-
nsizwa; qedani impi yonke yalo.
4 Ababuleweyo ba ya kuwa ezweni
lamaKaldea, nabagwaziweyo ezitalatini
zalo.
5 Ngokuba uIsraeli noJuda ka ba de-
lwa uTixo wabo, uJehova wemikosi;
kepa izwe labo li gcwele ukona kuJe-
hova.
6 Balekani eBabulona, ku be ilowo a
zisindise; ni nga bujiswa ngokona kwa-
bo; ngokuba ku isikati sokupindisa sika
Jehova, u ya kupindisa kulo.
7 iBabuloni la li isitya segolide esa-
ndhleni sika Jehova, esa dakisa izwe
lonke; izizwe zi puzile iwaini lalo, nga-
ko izizwe zi ya hlanya.
8 Ngesikatyana iBabulona li wile, la
bidhlika; li kaleleni, ni li tabatele iba-
lsamu ngobuhlungu balo; mhlaumbe li
nga sindiswa.
9 Si li sindisile iBabulona, kepa a li
sindiswanga; li yekeni, si muke si ye,
ku be ilowo a ye ezweni lakiti; ngoku-
ba ukwahlulwa kwalo ku finyelele ezu-
lwini, kwenyukele na semafwini.
10 uJehova u vezile ukulunga kwetu;

wozani, a si landise eZioni umsebenzi
ka Jehova, uTixo wetu.
11 Lolani imicibityolo, ni gcwalise
izinhlangu; uJehova u vusile inhliziyo
yamakosi ya seMedia; ngokuba u cebile
ngeBabulona ukuba a li qede, ngokuba
ku ukupindisa kuka Jehova ukupindisa
kwetempeli lake.
12 Misani iziboniso ezindongeni zeBa-
bulona, ni qinise ukulinda, ni mise aba-
lindi, beka abalaleli; ngokuba uJehova
u cebile, wenza, konke a ku tyiloyo nga-
baseBabulona.
13 E, wena o hlala ngasemanzini ama-
kulu, u vame imfuyo, se ku fikile uku-
pela kwako, isilinganiso sokupanga
kwako.
14 uJehova wemikosi u zifungile, wa
ti, Impela ngi ya kukugcwalisa nga-
bantu, ku nga ti isikonyane, ba ya hala-
lisa pezu kwako.
15 Wenza umhlaba ngamandhla ake,
wa misa izwe ngokuhlakanipa kwake,
weneka izulu ngokuqonda kwake.
16 Ngokuduma kwezwi lake ku kona
amanzi amaningi ezulwini; u ya kupu-
la inkungu emikaulweni yomhlaba; u
yenza unyazi nemvula; u ya kipa umo-
ya ezibekelweni zake.
17 Abantu bonke ba izipukupuku, be
nge nakwazi; bonke ababumbayo izi-
tombe ba jabile; ngokuba izitombe zabo
zi ngamanga, a ku ko umoya kuzo.
18 Zi ize, umsebenzi wenkohliso;
ngesikati sokuhanjelwa kwazo zi ya ku-
pela.
19 O isabelo sika Jakobe a ka njenga-
zo, ngokuba yena u ngumenzi wezinto
zonke, uIsraeli u uhlanga lwefa lake;
uJehova wemikosi igama lake.
20 Wena u iwisa lami, izikali zoku-
lwa; ngi ya coboza izizwe ngawe, ngi
ya qeda imibuso ngawe.
21 Ngi ya coboza ihashi nomkweli
walo ngawe, ngi ya coboza inqola no-
mtyayeli wayo ngawe,
22 Ngi ya coboza abesilisa nabesifa-
zana ngawe, ngi ya coboza ngawe aba-
dala nabatya, ngi ya coboza izinsizwa
nezintombi ngawe,
23 Ngi ya coboza umalusi nomhlambi
wake ngawe, ngi ya coboza umlimi ne-
zinkabi zake ngawe, ngi ya coboza ama-
kosi nababusi ngawe,
24 Ngi ya pindisa eBabulona na kuba-
ntu bonke ba seKaldea okubi konke
aba kwenzileyo eZioni pambi kwame-
hlo enu, u tyo uJehova.
25 Bheka, ngi ze kuwe, wena ntaba
ebulalayo, u tyo uJehova, e bulala izwe
lonke; ngi ya kwelula isandhla sami
pezu kwako, ngi ku ginqe ematyeni,
ngi kwenze u be intaba etyisiweyo.
26 A ku yi kutatyatwa kuwe itye le-
gumbi, netye lokusekela, kepa u ya ku-
hlala u citekile ku ze ku be pakade, u
tyo uJehova.
27 Misani ibaneli ezweni, ni tyaye iti-
longo ezizweni, ni lungise izizwe zi
lwe nalo; ni li bizele imibuso ya se-
Ararati, neMini neAshkenazi; ni mise
induna yokulwa nalo, ni kupule ama-
hashi njegesikonyane si vusile uboyo.
28 Lungisani izizwe zi lwe nalo,
amakosi a seMedia nezinduna zalo,
nababusi bonke balo nezwe lonke lo-
mbusi wabo.
29 Kona umhlaba u ya kuzamazama,
u tutumele, ngokuba amacebo ka Jeho-
va a ya kuma eBabulona, li ze li citeke
li ngakiwa muntu.
30 Amaqawe a seBabulona a yekile, a
hlezi ezinqabeni zawo; amandhla awo a
pelile, a ngabafazi, ku tyisiwe izindhlu
zalo, kwapulwe imivalo yalo.
31 Isigijimi si ya hlangana nesigijimi,
nesitunywa si ya hlangana nesitunywa,
zi ya kubika enkosini ya seBabulona
ukuti umuzi wayo u nqotyiwe impela,
32 Amazibuko a vinjiwe, umhlanga u
tyisiwe, amabuto a novalo.
33 Ngokuba u tyo uJehova wemikosi,
uTixo ka Israeli, u ti, Indodakazi ya se-
Babulona i fana nesibuya; se ku isikati
sokunyatelwa kwayo, ku se isikatyana
ku za kufika kuyo isikati sokuvuna.
34 uNebukadrezari inkosi ya seBabu-
loni u ngi dhlile, wa ngi qeda, u ngi be-
kile ngi njengesitya esi ize, wa ngi gwi-
nya njengengwenya, wa gcwalisa isisu
sake ngokumnandi kwami, wa ngi
xotya.
35 Ukuhlutywa kwami nenyama yami
a ku be pezu kweBabulona, u tyo owesi-
fazana wa seZioni; igazi lami a li be pe-
zu kwabaseKaldea, li tyo iJerusalema.
36 Ngako u tyo uJehova, u ti, Bheka,
Ngi ya kukumela, ngi ku pindezele,
ngomise ulwandhle lwalo, ngi tyise
umtombo walo.
37 iBabulona li ya kuciteka, li be inda-
wo yamankentyane, lesabeke, li hla-
tyelwe amakwelo, li ngakiwa muntu.
38 Ba ya kukonyisa okwezingonyama
kanyekanye, ba kalise okwamaundhla
ezingonyama.

39 Ekufudumeleni kwabo ngi ya kubenzela izidhlo, ngi ba dakise, ukuba ba lale ubutongo obupakade, ba nga vuki, u tyo uJehova.
40 Ngi ya kubehlisa njengamaundhlu ekuhlatyweni, njengezinqama nezimpongo.
41 Yeka, iSheshaki li nqotyiwe; udumo lwezwe lonke lwahlulwa; yeka, iBabulona li isimangaliso eziziweni.
42 Ulwandhle lu kupukele eBabulona; li gutyuzelwe amadhlambi alo amaningi.
43 Imizi yalo i citekile, li izwe elomileyo, li ihlane, li izwe eli ngakiwa muntu, nendodana yomuntu ka i dhluli kulo.
44 Ngi ya kuhambela kuBeli eBabulona, ngi kipe emlonyeni wake a ku gwinyileyo; izizwe a zi sa yi kubuya zi butane kuye; impela udonga lweBabulona lu wile.
45 Pumani kulo, bantu bami, ku be ilowo a zisindise olakeni olukulu luka Jehova.
46 Inhliziyo yenu ma i nga peli amandhla, ni ngesabi ngodumo oluzwakalayo ezweni, ngokuba ku ya kuzwakala udumo ngomnyaka, lu buye lu zwakale ngomnyaka wa semva, ku be kona ukulwa ezweni, inkosi i vukele inkosi.
47 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku engi ya kuhambela ngazo ezitombeni za seBabulona, izwe lonke lalo li ya kujaba, bonke ababuleweyo ba ya kuwa pakati kwalo.
48 Kona izulu nomhlaba nako konke oku kona ku ya kuhalalisa ngeBabulona, ngokuba ku ya kufika abapangi be vela enyakato, u tyo uJehova.
49 Njengaloku iBabulona lenza ukuba ba we ababuleweyo baka Israeli kanjalo ababuleweyo bezwe lonke ba ya kuwa eBabulona.
50 Nina eni sindileyo enkembeni, hambani, ni ngemi; kumbulani iJerusalema ni kude, iJerusalema a li ngene ezinhliziny weni zenu.
51 Si jabile ngokuba si zwile ukutuka kwabo, ihlazo li ya mboza ubuso betu, ngokuba abezizwe ba ngenile ezindaweni ezingcwele zendhlu ka Jehova.
52 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kuhambela ngazo ezitombeni zalo; ababuleweyo ba ya kukala ezweni lonke lalo.
53 Noma iBabulona li kupukela ezulwini, noma li qinisa inqaba yalo epakemeyo, kepa abapangi ba ya kusuka kimi beze kuye, u tyo uJehova.
54 Umsindo wokukala u vela eBabulona, nowokuciteka okukulu ezweni lamaKaldea.
55 Ngokuba uJehova u ya panga iBabulona, u qede kulo umsindo omkulu; amadhlambi alo a ya duma njengamanzi amakulu; ku zwakele umsindo wokuhlokoma kwawo.
56 Ngokuba ku fikile kulo, kulo iBabulona, umpangi, amaqawe alo a banjiwe, imicibityolo yawo yapulwa; ngokuba uJehova u nguTixo wokupindisa; u ya kupindisa impela.
57 Ngi ya kudakisa izikulu zalo, nezazi zalo, nezinduna zalo, nababusi balo, namaqawe alo, ukuba ba lale ubutongo obupakade, ba nga be be sa vuka, i tyo iNkosi, uJehova wemikosi igama layo.
58 U tyo uJehova wemikosi, u ti Izindonga ezibanzi zeBabulona zi bidhliziwe impela, namasango alo amade a tyisiwe ngomlilo; abantu ba sebenzile ngeze, ba kutalele umlilo.
59 Izwi uJeremia umprofeti a m yala ngalo uSeraia indodana ka Neria, indodana ka Maseia; e sa hamba noZedekia inkosi ya kwaJuda ukuya eBabulona, ngomnyaka wesine wokubusa kwake.
60 uJeremia wa loba encwadini okubi konke oku za kwehlela iBabulona, lawamazwi onke a lotyiwe ngeBabulona.
61 uJeremia wa ti kuSeraia, Nxa u fika eBabulona, bheka, u funde lawamazwi onke;
62 U tyo u ti, E, Jehova, u kulumile ngalendawo ukuicita, ukuba ku nga hlali muntu kuyo, umuntu nesilwane, kepa i be ihlane ku ze ku be pakade.
63 Ku ya kuti, nxa u qedile ukufunda lencwadi, wo bopa itye kuyo, u i ponse eUfrate;
64 Yityo u ti, Kanjalo iBabulona li ya kucwila, li nga be li sa kupuka ngokubi engi ya ku kwehlisela kulo; ba ya kupela amandhla. Amazwi ka Jeremia a pela lapa.

## ISAHLUKO 52.

UZEDEKIA wa e neminyaka emashumi amabili nanye e sa qala ukubusa; wa busa eJerusalema iminyaka e ishumi nanye. Igama lika nina la li nguHamutali, indodakazi ka Jeremia wa seLibna.
2 Wenza okubi emehlweni ka Jehova, njengako konke a be kwenzile uJehoakimi.
3 Ngako kwa ti eJerusalema na kwa-

Juda uJehova wa e tukutela wa za wa ba xotya ebusweni bake. uZedekia wa hlubuka inkosi ya seBabulona.

4 Kwa ti ngomnyaka wesishiyagalolunye wokubusa kwake, ngenyanga yeshumi, ngosuku lweshumi lwenyanga, uNebukadrezari inkosi ya seBabulona wa fika eJerusalema, yena nempi yonke yake, wema ngakulo, waka izinqaba ngakulo inxa zonke.

5 Kwa njalo umuzi wa u vinjezelwe kwa za kwa ba umnyaka weshumi nanye ka Zedekia.

6 Ngenyanga yesine, ngosuku lwesishiyagalolunye lwenyanga, indhlala ya ba nzima emzini, kwa ku nga bi ko ukudhla kwabantu bezwe.

7 Kona umuzi wa fohlwa, amabuto onke a baleka, a puma emzini ebusuku, e ya ngendhlela ya sesangweni, pakati kwezindonga zombili, eli nga sensimini yenkosi; (amaKaldea a e kona nga semzini inxa zonke;) a ya ngendhlela e ya esihlanjeni.

8 Kepa impi yamaKaldea ya i xotya inkosi, ya fumana uZedekia ezinhlanjeni za seJeriko, impi yonke yake ya eiteka, ya m shiya.

9 Ba i bamba inkosi, ba i yisa enkosini ya seBabulona eRibla, ezweni la seHamati; ya teta icala layo.

10 Inkosi ya seBabulona ya bulala amadodana ka Zedekia emehlweni ake; ya bulala nezikulu zonke za kwaJuda eRibla.

11 Ya kipa amehlo ka Zedekia; inkosi ya seBabulona ya m bopa ngamaketango, ya m yisa eBabulona, ya m faka etilongweni wa za wa fa.

12 Kwa ti ngenyanga yesihlanu, ngosuku lweshumi lwenyanga, ngomnyaka weshumi nashiyagalolunye ka Nebukadrezari inkosi ya seBabulona, kwa fika eJerusalema uNebuzaradani, induna yamapolisa, owemayo pambi kwenkosi ya seBabulona;

13 Wa tyisa indhlu ka Jehova, nendhlu yenkosi, nezindhlu zonke za seJerusalema, nezindhlu zonke zezikulu, wa zi tyisa ngomlilo.

14 Nempi yonke yamaKaldea eya i nenduna yamapolisa, ya bidhliza izindonga zonke za seJerusalema inxa zonke.

15 uNebuzaradani induna yamapolisa ya tumba abanye abampofu ebantwini, nensali yabantu abaseleyo emzini, nabahlubukileyo, aba hlubukele enkosini ya seBabulona nensali yabantu.

16 Kepa uNebuzaradani induna yamapolisa wa shiya abanye abampofu bezwe ukuba ba sebenze ezivinini, ba lime.

17 Izinsika zetusi zendhlu ka Jehova nolwandhle lwetusi olwa lu sendhlini ka Jehova, amKaldea a zapula, a tabata itusi lonke lazo a ya nalo eBabulona.

18 Namabodwe, namafosholo, nezizenze, namabesini, nezinkezo, nezitya zonke zetusi okwa konzwa ngazo, a zi tabata.

19 Namabolwe, nezipatumlilo, namabesini, namabodwe, namakandelabra, nezinkezo, namakapu, zegolide lodwa nezi isiliva lodwa, induna yamapolisa ya zi tabata.

20 Izinsika zombili, nolwandhle lunye, nezinkunzi zetusi ezi ishumi nambili ezi ngapansi kwezisekelo, uSolomona inkosi a be zenzele indhlu ka Jehova; itusi la lezizitya zonke la li nge nakulinganiswa.

21 Izinsika lezo, ubude benye insika ba bu ngamakubiti a ishumi nashiyagalombili, ya botywa ngentambo e ya i ngamakubiti a ishumi nambili, uhlonze lwayo lwa lu iminwe emine; ya i umbobo.

22 Umcele wetusi wa u pezu kwayo; ubude bomunye umcele ba bu amakubiti a isihlanu; umcele wa setyenzwa ngokupanjaniswa na ngamarimoni, inxa zonke; konke kwa ku itusi. Kwa ku njalo nenye insika namarimoni.

23 Kwa ku kona ezinhlangotini amarimoni a ngamashumi a shiyagalolunye nesitupa; amarimoni onke a semsebenzini o panjanisiweyo inxa zonke a e ikulu.

24 Induna yamapolisa ya tabata uSeraia umpristi omkulu, noZefania umpristi wesibili, nabalindi abatatu bomnyango;

25 Ya tabata emzini induna e ngumbusi wamabuto, nabantu aba isikombisa kulabo abemiyo enkosini, aba funyanwa emzini, nombali, inkosi yempi, owa mema abantu bezwe, nabantu abamashumi a isitupa ba lelozwe aba funyanwa emzini.

26 uNebuzaradani induna yamapolisa wa ba tabata, wa ba yisa enkosini ya seBabulona, eRibla.

27 Inkosi ya seBabulona ya ba tyaya, ya ba bulala eRibla, ezweni la seHamati. Kwa njalo uJuda wa tunjwa ezweni lake.

28 Laba ba ngabantu a ba tumbayo uNebukadrezari; ngomnyaka wesiko-

mbisa abaJuda aba izinkulugwane ezintatu namashumi amabili nautatu;
29 Ngomnyaka weshumi na shiyagalombili ka Nebukadrezari wa tumba eJerusalema abamakulu ashiyagalombili namashumi amatatu nambili.
30 Ngomnyaka wamashumi amabili nantatu ka Nebukadrezari uNebuzaradani induna yamapolisa wa tumba abaJuda abamakulu a isikombisa namashumi amane nanhlanu; abantu bonke ba be izinkulungwane ezine namakulu a isitupa.
31 Kwa ti ngomnyaka wamashumi amatatu nesikombisa wokutunjwa kuka Jehoakini inkosi ya kwaJuda, ngenyanga yeshumi nambili, ngosuku lwamashumi amabili nanhlanu lwenyanga, uEvilmerodaki inkosi ya seBabulona, ngomnyaka wokuqala wokubusa kwake, wa pakamisa ikanda lika Jehoakini inkosi ya kwaJuda, wa m kipa etilongweni,
32 Wa kuluma kahle kuye, wa beka isihlalo sake ngasenhla kwezihlalo zamakosi a e naye eBabulona,
33 Wa pendula izingubo zake zetilongo; wa hlala e dhla ukudhla pambi kwake njalonjalo izinsuku zonke zokuhamba kwake.
34 Ukudhla kwake, njalonjalo wa piwa ukudhla inkosi ya seBabulona, imihla ngemihla wa kwabelwa wa za wa fa, izinsuku zonke zokupila kwake.

# ISILILO SIKA JEREMIA.

## ISAHLUKO 1.

YEKA, u hlezi wodwa umuzi owa u gcwele abantu! u umfelokazi! lowo owa umkulu ezizweni, u inkosikazi emazweni, u ya teliswa!
2 U ya lila nokulila ebusuku, izinyembezi zawo zi sezihlatini zawo; a ku ko namunye o u duduzayo kubo bonke aba u tandayo: izihlobo zonke zawo zi u pete ngenkohliso, zi izita zawo.
3 uJuda u tunjiwe, ngokuhlupeka na ngokukonza okunzima; u hlezi kwabezizwe, ka fumani ukupumula: bonke aba m zingelayo ba m fumana ezingcingweni.
4 Izindhlela za seZioni zi dabukile ngokuba ku ngeziwa emihlanganweni yalo: amasango onke alo a citekile; abapristi balo ba ya kala, izintombi zalo zi ya hlupeka, li nezinsizi.
5 Aba li zondayo ba izikulu, izita zalo zi nenhlanhla; ngokuba uJehova u li bulele ngobuningi bezono zalo: abantwana balo ba tunjiwe izita.
6 Ubuhle bonke bentombi ka Zioni bu mukile: izikulu zalo zi njengezinyamazana ezi nga fumani idhlelo; zi mukile zi nge namandhla pambi kwabazixotyayo.
7 iJerusalema, ezinsukwini zokuhlupeka kwalo nosizi lwalo, la kumbula konke okumnandi kwalo ela li nako ezinsukwini za sendulo, mhla abantu balo be wa esandhleni sesita, ku ngeko o li sizayo: aba li zondayo ba li bona, ba hleka izinsizi zalo.
8 Impela iJerusalema lonile; ngako li ngcolile: bonke aba be li dumisa, ba ya li delela, ngokuba ba bonile ubunqunu balo: yebo, li ya kala, li fulatele.
9 Ukungcola kwake ku sezingutyeni zake: a u kumbulanga ukupela kwawo: ngako wehlile ngokwesabeka, u nge nomhaukelayo. Bheka, Jehova, usizi lwami; ngokuba isita si kukumele.
10 Isita selulile isandhla saso kuko konke okuhle kwawo: ngokuba u bonile abeziziwe be ngena endaweni yawo engcwele, owa ba yala ukuba ba nga ngeni emhlanganweni wako.
11 Abantu bonke balo ba ya kala, be funa ukudhla: ba zenanile izinto zabo ezinhle ngokudhla ukuba ba pile; bheka, Jehova, u bone; ngokuba ngi ya nengeka.
12 A ku luto ini kinina nonke eni dhlulayo? bhekani, ni bone ukuba ku kona usizi olu ngangosizi lwami, ngehlelwe ilo, a ngi bulele ngalo uJehova ngosuku lolaka lwake olukulu.
13 U tumile umlilo wa pezulu ematanjeni ami, u wahlulile: wenekele izinyawo zami ineta; u ngi buyisele emva; u ngenzile ngi citeke ngi pela amandhla usuku lonke.
14 Ijokwe lezono zami li botyiwe ngesandhla sake; zalukiwe, zenyukele entanyeni yami; u qedile amandhla

ami; iNkosi i ngi nikele ezandhleni engi nge suke kuzo.

15 iNkosi i wa delele amaqawe pakati kwami: i ngi hlabele umkosi ukubulala izinsizwa zami: iNkosi i nyatele isikamo sevini sentombi, intombi ka Juda.

16 Ngalezizinto ngi ya kala; iso lami, iso lami li ya dhluza izinyembezi, ngokuba ku kude nami umtokozisi o nga pilisa umpefumlo wami; abantwana bami ba citekile, ngokuba isita sahlulile.

17 iZioni li yelula isandhla salo, kepa a mu ko o li haukelayo: uJehova u yalile ngoJakobe ukuba abakelene naye ba be izita zake: iJerusalema li into engcolileyo.

18 uJehova u lungile; ngokuba ngi hlubukile umteto wake: a ke ni zwe, nonke nina bantu, ni bone usizi lwami: izintombi zami nezinsizwa zami zi tunjiwe.

19 Nga biza aba ngi tandayo, kepa ba ngi kohlisa; abapristi bami, namalunga ami ba fa emzini, ngokuba ba zifunela ukudhla, ukuba ba pilise imipefumlo yabo.

20 Bheka, Jehova, ngi nosizi; izibilini zami zi ya xapazela; inhliziyo yami i pandukile pakati kwami: ngokuba ngi hlubukile impela: ngapandhle inkemba i ya ngamuka abantwana, njengokufa ekaya.

21 Bezwile ukuti ngi ya kala; a ku ko o ngi haukelayo; izita zonke zami zi zwile ukuhlupeka kwami; zi ya tokoza ngokuba u kwenzile, u letile usuku o lu memezileyo. Kepa zi ya kuba njengami.

22 Ukona konke kwazo a ku ze pambi kwako; yenza kubo njengaloku wenzile kimi ngezono zami: ngokuba ukukala kwami ku kulu, inhliziyo yami i pela mandhla.

## ISAHLUKO 2.

YEKA, iNkosi ngolaka lwayo i yembesa intombi ya seZioni ngefu, ubuhle buka Israeli ba sezulwini i bu ponsile pansi, a i kumbulanga isicamelo sezinyawo zayo ngosuku lolaka lwayo.

2 iNkosi ya gwinya imizi yonke ka Jakobe, i nga haukeli; ngolaka lwayo ya bidhliza izinqaba zentombi ka Juda, ya zi wisa pansi; ya ngcolisa umbuso nezikulu zawo.

3 Yapula ngolaka lwayo izimpondo zonke zika Israeli: ya buyisela emva isandhla sayo sokunene pambi kwesita: ya tyisa uJakobe, njengelangabi li dhla inxa zonke.

4 Ya goba umcibityolo wayo njengesita: yema njengowempi ngesandhla sayo sokunene, ya cita konke okubukekayo kutente wentombi ya seZioni: ya tulula ulaka lwayo njengomlilo.

5 Inkosi ya ba njengesita: ya gwinya uIsraeli; ya gwinya izindhlunkulu zonke zake, ya bidhliza izinqaba zayo; yandisa ukukala nokulila kuyo intombi ka Juda.

6 Ya cita indhlu yayo ngokungati eyensimu; ya nqamula imihlangano yayo: uJehova wenza ukuba ku kohlwe eZioni imihlangano namasabata: wa delela inkosi nompristi ngolaka lwake olukulu.

7 iNkosi i lahlile ilati layo, ya nengwa indawo yayo engcwele: ya nikela esandhleni sezita izindonga zezindhlunkulu: za xokozela endhlini ka Jehova njenga ngosuku lomhlangano.

8 uJehova wa ti u za kubidhliza udonga lwentombi ya seZioni. Welula intambo; ka buyisanga isandhla sake ekuciteni. Wenza ukuba ku kale inqaba nodonga; za lila kanye.

9 Amasango alo a tyonile emhlabeni; wa cita imivalo yalo, wa yapula: inkosi yalo nezinkulu zalo zi sezizweni; a ku seko umteto; abaprofeti balo a ba fumani isiboniso sika Jehova.

10 Amalunga entombi ya seZioni a hlezi pansi, a tule, a ponsa utuli emakanda, a faka indwangu yamasaka. Izintombi za seJerusalema zi ya kotama pansi ngamakanda azo.

11 Amehlo ami a pela izinyembezi, izibilini zami za xapazela, isibindi sami sa palala pansi, ngokuciteka kwentombi yabantu bami, ngokuba abantwana nezingane ba pela amandhla ezitalatini zomuzi.

12 Ba ti konina, A pi amabele newaini? nxa be pela amandhla njengababulewe ezitalatini zomuzi, nxa be tululela imipefumlo yabo ezifubeni zonina.

13 Ngi nga ku fakazelani na? ngi nga ku fanisa nani wena ntombi ya seJerusalema? ngi nga ku linganisa nani, ukuba ngi ku duduze, ntombi ya seZioni? ngokuba ukwapuka kwako ku ngangolwandhle, u nga sindiswa ubani?

14 Abaprofeti bako ba ku tyela amacebo, nobuula; a ba kwambulanga ukona kwako, ukuba u nga tunjwa;

kepa ba ku tyela imitwalo yamanga
nokuxotywa.
15 Bonke abadhlulayo ba tyaya ihlo-
mbe ngawe; ba hlaba amakwelo, ba ni-
kina amakanda abo ngentombi ya seJe-
rusalema, be ti, Imbalo uwo lo umuzi,
okwa tyiwo ngawo ukuti, U pelele ngo-
buhle, u ukutokoza kwezwe lonke.
16 Izita zonke zako za ku kamisela
umlomo, za hlaba amakwelo, za gedhla
amazinyo; za ti, Si dhlile: impela lolu
lu usuku esi lu bhekileyo; se si fumene,
si bonile.
17 uJehova wenza a be ku cebile: wa
feza izwi lake a be li tyilo ngezinsuku
zendulo: wa bidhliza, e nga haukelanga:
wa tokozisa isita ngawe; wa pakamisa
upondo labakuzondayo.
18 Izinhliziyo zabo za kala eNkosini;
Ludonga lwentombi ya seZioni, ma
kwehle izinyembezi njengomfula emini
na sebusuku, u nga pumuli, a ku nga
nqamuki inhlamvu yeso lako.
19 Suka, u kale ebusuku, ekuqaleni
kokulinda; tulula inhliziyo njenga-
manzi pambi kobuso benkosi: paka-
misa izandhla zako kuyo ngenxa yoku-
pila kwabantwana bako abancinyane,
abapelamandhla ekuqaleni kwezitilati
zonke.
20 Bheka, Jehova, u bone! wenzile
loku kubani na? Abafazi ba ya kudhla
ini inzalo yabo, abantwana aba ba si-
ngatayo? abapristi nabaprofeti ba ya
kubulawa ini endaweni engcwele ye-
Nkosi.
21 Abatya nabadala ba be lele pansi
ezitalatini. Izintombi zami nezinsizwa
zami za wa ngenkemba; u bulele ngo-
suku lolaka lwako; u bulele u nga hau-
kelanga.
22 Wa biza, ku nga ti usuku lomhla-
ngano, okungesabisayo inxa zonke: ngo-
suku lolaka luka Jehova a kwa ba ko
osindileyo noseleyo: labo engi ba si-
ngatileyo nga bondhla, isita sa ba bulala.

## ISAHLUKO 3.

NGI ngumuntu owa bona usizi nge-
ntonga yolaka lwake.
2 Wa ngi hola wa ngi yisa ebumnya-
meni, ka ngi yisanga ekukanyeni.
3 Impela wa ngi pendulela isandhla
sake futifuti usuku lonke.
4 Wa gugisa inyama yami nesikumba
sami, wapula amatambo ami.
5 Wa ngakela, wa ngi haqa ngenyo-
ngo nenkatazo.
6 Wa ngi hlalisa ezindaweni ezi-
mnyama, njengabafileyo bendulo.
7 Wa ngi biyela ukuba ngi nga pumi,
wa lenza li be nzima iketango lami.
8 Nanxa ngi kala, nga memeza, wa
vimbela ukukuleka kwami.
9 Wa biya izindhlela zami ngamatye
abaziweyo, wa zenza za nsongensonge
izindhlela zami.
10 Wa u ibere eli lalela kimi, ingo-
nyama e qapelayo.
11 Wa ngi pambukisa, wa ngi hxebula,
wa ngi eita.
12 Wa goba umcibityolo wake, wa
ngi misela umcibityolo.
13 Wa ngi hlaba ngemicibityolo yake
ezinsweni zami.
14 Nga ba igidigidi kubantu bonke
bami, nengoma yabo usuku lonke.
15 Wa ngi sutisa ngokubabayo, wa
ngi dakisa ngomhlonyane.
16 Wapula amazinyo ami ngama-
tyana, wa ngembesa ngomlota.
17 Wa xotya umpefumlo wami ekutu-
leni: nga kohlwa inhlanhla.
18 Kona nga ti, Ukukolwa kwami
nokwetemba kwami ku nqamukile ku-
Jehova.
19 Kumbula ukuhlupeka kwami, no-
kweduka kwami, umhlonyane nenyo-
ngo.
20 Impela u ya kukumbula ukuti
umpefumlo wami u tobile pakati kwa-
mi.
21 Ngi ya kubeka loku enhliziyweni
yami, ngako ngi yetemba.
22 Ku ngomusa kaJehova ukuba si
nga bujiswa; ngokuba ubunene bake a
bu nqamuki:
23 Butya kusasa imihla ngemihla; ku
kulu ukuqinisa kwako.
24 uJehova u isabelo sami, u tyo umpe-
fumlo wami; ngako ngi ya kwetemba
kuye.
25 uJehova u lungile kwabamlindayo,
kumpefumlo o m funayo.
26 Kuhle ukwetemba nokuhlalela
ukusindisa kuka Jehova ngokutula.
27 Ku lungile kumuntu ukuba a twa-
le ijokwe e se mutya.
28 U ya hlala yedwa, e tule, ngokuba
u m etwesile lona:
29 U ya beka umlomo wake otulini,
ku nga ti ku kona itemba.
30 U ya nikela isihlati sake ko m tya-
yayo; u gcwele ukujlvazwa.
31 Ngokuba inkosi a i yi kulahla ku
ze ku be pakade.

32 Ngokuba, noma i veza usizi, i ya haukela ngomusa wayo omkulu.
33 Ngokuba ka ba hlupi, ka ba dabuli abantwana babantu ngenhliziyo.
34 Ukunyatela pansi kwezinyawo izibotywa zonke zezwe,
35 Ukupambukisa icala lomuntu pambi kobuso bOpezulu,
36 Ukwamuka umuntu ecaleni lake, a ku tandeki eNkosini.
37 Ubani lowo owa tyoyo, kwenziwa, i nga yalanga inkosi?
38 A ku pumi ini okubi nokuhle emlonyeni wOpezulu?
39 Ba solelani abantu abapilayo, ilowo ngezono zake?
40 A si hlole, si linge ukuhamba kwetu, si buyele kuJehova.
41 A si pakamisele izinhliziyo zetu kanye nezandhla kuTixo o sezulwini.
42 Tina sonile, sa hlubuka; wena a u tetelelanga.
43 Wa zambesa ngolaka, wa si xotya, wa bulala, u nga haukelanga.
44 Wa zambesa ngamafu, ukuba ku nga dhluli ukukuleka.
45 Wa senza si be izibi, nensila ezizweni.
46 Izita zonke zetu za si kamisela umlomo.
47 Sehlelwa uvalo negebe, nokuciteka, nokubujiswa.
48 Iso lami li yehlisa imifula yamanzi ngokubujiswa kwentombi yabantu bami.
49 Iso lami li ya dhluza, li nga pezi, a ku ko ukunqamuka,
50 E nga ka kangeli, a bheke uJehova wa sezulwini.
51 Iso lami li ya ngenzela ubuhlungu ngezintombi zonke zomuzi wami.
52 Izita zami za ngi zingela impela, ku nga ti ngi inyoni, ngi nge nacala.
53 Za nqamula ukupila kwami emgodini, za ponsa itye pezu kwami.
54 Amanzi ehlela ekanda lami; nga ti, Ngi nqunyiwe.
55 Nga kuleka egameni lako, Jehova, ngi semgodini pansi.
56 Wezwa izwi lami: ma u nga tukusi indhlebe yako lapo ngi kulekela ukupunyuzwa.
57 Wa sondela mhla nga kuleka kuwe: wa ti, U ngesabi.
58 Nkosi, wa ngi mela emacaleni, wa hlenga ukupila kwami.
59 Jehova, u bonile ukoniwa kwami; teta icala lami.
60 U bonile ukupindisa konke kwabo, amacebo onke abo ngami.
61 U zwile ukujivaza kwabo, Jehova, amacebo onke abo ngami;
62 Izindebe zabangivukelayo, nokuzindhla kwabo ngami usuku lonke.
63 Bheka ukuhlala kwabo nokusuka kwabo, ngi isiga sabo.
64 Ba vuze, Jehova, njengemisebenzi yezandhla zabo.
65 Ba nike ubulukuni benhliziyo, ukutuka kwako ku be pezu kwabo.
66 Ba xotye ngolaka, u ba bubise, ba nga be be sa ba ko pansi kwezulu lika Jehova.

## ISAHLUKO 4.

YEKA, ku fipele igolide! igolide elihle li pendukile! amatye a ngcwele a citiwe ekuqaleni kwezitalati zonke.
2 Amadodana amahle a seZioni, a linganiseka negolide elihle; yeka, ku tiwa a izitya zebumba, umsebenzi wezandhla zombumbi.
3 Namankentyane a nikela ibele, anyisa amazinyane awo: intombi yabantu bami ya ba nonya, njengezintye za sehlane.
4 Ulimi lwengane e ncelayo lwa namatela emalakeni ayo ngokoma: abantwana ba cela isinkwa, kepa kwa ku nge ko o ba hlepulelayo.
5 Labo aba be dhla okumnandi ba fa ezitalatini: aba be singatwa ngokubomvu ba hlala ezibini.
6 Ngokuba icala lentombi yabantu bami li kulu ku nesono sa seSodoma, ela citwa ngokupazima kweso, li ngehlelwa nasandhla.
7 Izikulu zalo za zi cwebile ku neqwa, za zi mhlope ku nobisi, za zi bomvu ku namakorali ngomzimba; isimo sazo sa si isafire.
8 Ukuma kwazo kwa ba mnyama ku nobumnyama; za zi ngaziwa ezitalatini: isikumba sazo sa namatela ematanjeni azo, soma njengoti.
9 Kwa ncono kwababulewe ngenkemba ku na kwababulewe ngendhlala; ngokuba laba ba ya pela, be hlatyiwe, be nge nakudhla kwensimu.
10 Izandhla zabafazi abamnene za peka abantwana babo; ba ba ukudhla kwabo ekucitekeni kwentombi yabantu bami.
11 uJehova wa feza ulaka lwake, wa tulula ukutukutela kwake okukulu; wa pemba umlilo eZioni, wa qeda izisekelo zalo.

12 Amakosi omhlaba ka kolwanga,
nabantu bonke bezwe, ukuti, ku za ku-
ngena impi nezita emasangweni eJeru-
salema.
13 Ngezono zabaprofeti, na ngamacala
abapristi, aba cita igazi labalungileyo
pakati kwalo.
14 Ba dengezela njengezimpumpute
ezitalatini, be ngcolile ngegazi, zi nge
nakupatwa izingubo zabo.
15 Kwa menyezwa kubo, ku tiwa, Su-
kani; ni ngcolile; sukani, sukani, ni
nga namati: lapo be baleka ba dengeze-
la; kwa tiwa kwabezizwe, A ba sa yi
kuhlala kona.
16 Ulaka luka Jehova lwa ba hlakaza;
ka sa yi kubabheka; abantu ka ba hloni-
panga abapristi, ka ba tusanga amalu-
nga;
17 Tina, amehlo etu a pela, si sa bheka
ukusiza oku ize: ekulindeni kwetu sa
linda isizwe esi nge nakusisindisa.
18 Ba qapela izinyawo zetu, ukuba si
nga yi ezitalatini zetu: ukupela kwe-
tu kwa ku sondela, izinsuku zetu za
pelela; yebo, ukupela kwetu kwa ku
fikile.
19 Aba si xotyayo ba be namajubane
ku nezinkozi za sezulwini: ba si xotya
ezintabeni, ba si lalela ehlane.
20 Umoya wamakala etu, ogcotyiweyo
ka Jehova, wa banjwa emagebeni abo, e
be si ti ngaye, Si ya kupila emtunzini
wake ezizweni.
21 Tokoza, u jabule ntombi ya seEdo-
mi eyakileyo ezweni la seUze; indebe i
ya kudhlulela na kuwe; u ya kudakwa,
u zenze bunqunu.
22 Ku pelile ububi bako, ntombi ya
seZioni; ka yi kupinda, a ku tumbe.
U ya kubheka ububi bako ntombi ya se-
Edomi; u ya kwambulula izono zako.

## ISAHLUKO 5.

KUMBULA, Jehova, esehlelwe iko;
bheka, u bone ihlazo letu.
2 Izwi letu se li ngelabantu bolunye
uhlanga, nezindhlu zetu zi ngezabe-
zizwe.
3 Si izintandane, a si nababa; omame
ba ngabafelokazi.
4 Amanzi etu si wa puzile ngemali;
izinkuni zetu si zi tenga.
5 Sa xotywa, be sezintanyeni zetu, sa
zama, si nge nakupumula.
6 Selulele isandhla ngasEgipite, na
ngaseAsiria, ukuba si sutiswe ngesi-
nkwa.
7 Obaba betu bona: a ba se ko; si
twele izono zabo.
8 Izigqili zi si busile; kwa ku nge ko
o si kululu esandhleni sabo.
9 Sa tola ukudhla kwetu ngemipefu-
mlo yetu, ngenxa yenkemba ya sehlane.
10 Isikumba setu sa tya njengeziko,
ngokutyisa kwendhlala.
11 Ba bona abafazi eZioni, nezintombi
emizini ya kwaJuda.
12 Kwa panyekwa izikulu ngezandhla:
ka hlonitywanga amalunga.
13 Izinsizwa za twala amatye okuga-
ya; abantwana ba kubeka pansi kwe-
zinkuni.
14 Amalunga a shiyile isango, nezinsi-
zwa ugubu.
15 Ku nqamukile ukutokoza kwenhli-
ziyo yetu; ukusina kwetu ku pendukile
ukulila.
16 Ku wile umqele ekanda: Nako ki-
tina, ngokuba sonile.
17 Ngaloku inhliziyo i pela amandhla;
ngaloku amehlo etu a fipele.
18 Intaba yeZioni, e citekileyo, izi-
mpungutye zi hamba pezu kwayo.
19 Kepa wena, Jehova, u ma paka-
de; isihlalo sako si kona izizukulwane
ngezizukulwane.
20 U si kohlwa ngani njalonjalo, u
si lahle isikati eside na?
21 Si buyisele kuwe, Jehova, se si ya
kubuya; yenza zi be zintya izinsuku
zetu njenga sendulo;
22 Uma u nga si lahlile impela, u si
tukutelela kakulu.

# INCWADI KA HEZEKELI.

## ISAHLUKO 1.

KWA ti ngomnyaka wamashumi amatatu, ngenyanga yesine, ngosuku lwesihlanu lwenyanga, se ngi pakati ekutunjweni ngasemfuleni uKebari; izulu la li vuleka, nga bona izibonakaliso zika Tixo.

2 Ngosuku lwesihlanu lwenyanga, kwa ku ngumnyaka wesihlanu wokutunjwa kuka Jehoyakina inkosi.

3 Izwi lika Jehova la ba kona belu kuHezekeli indodana ka Buzi umteteleli, ezweni labaKaldea ngasemfuleni uKebari; sa ti isandhla sika Jehova sa ba pezu kwake lapo.

4 Nga se ngi bheka, bhekake, isivunguvungu sa fika si vele enyakato, si ifu elikulu, li nomlilo ozibambelelayo, nokukazimula kwa be ku li haqa; na kuko pakati kwa vela njengokukanya kwetusi, ku vele emlilweni.

5 Na pakati kwako kwa vela umfanekiso wezidalwa ezine; kwa ti ilesi isimo kuzo; za zi nomfanekiso womuntu.

6 Ilesi sa si nobuso obune, nalesi sa si namapiko amane.

7 Izinyawo zazo za zi unyawo oluqondayo, sa ti isiqu sezinyawo zazo sa si njengesiqu sonyawo lwetole; za zi kazimla njengokukanya kwetusi elipucuziweyo.

8 Za zi nezandhla zomuntu pansi kwamapiko azo ezinhlangotini ezine zazo; kwa ku kona ubuso namapiko kuzo lezo ezine.

9 Amapiko a hlanganiswa elinye kwelinye; a zi cezukanga ekuyeni kwazo; za ya ileso ngokuqonda kobuso baso.

10 Kwa ti ngomfanekiso wobuso bazo, lezozine za zi nobuso bomuntu, nobuso bengonyama ngesokunene; lezozine za zi nobuso benkomo ngesokohlo; lezozine za zi nobuso benqe.

11 Kwa ku njalo ubuso bazo: namapiko azo anekwa ngapezulu; amabili a hlangana a wesinye kuwo a wesinye; namabili a sibekela umzimba wazo.

12 Za ti za ya ilesi ngokuqonda kobuso baso; za ya lapo umoya wa be u ya ku ya kona; a zi pendukanga ekuyeni kwazo.

13 Kwa ti ngomfanekiso wezidalwa, isimo sazo sa si njengamalahle omlilo avutayo, njengokubonakala kwesibani; kwa zihambela pakati kwezidalwa; wa ti umlilo wa ba nokukanya, kwa puma nonyazi kuwo umlilo.

14 Za ti izidalwa za gijima za buya njengokubonakala konyazi.

15 Lapo nga bona izidalwa bhekake isondo elinye emhlabatini ngasezidalweni, li kubo ubuso obune baso.

16 Ukubonakala kwamasondo nomsebenzi wawo, kwa ku njengokukazimula kwetopazi; kwa ti umfanekiso omunye u be kuwo lawamane; ukubonakala kwawo, nomsebenzi wawo kwa ku njengesondo pakati kwesondo.

17 Ekuyeni kwawo a ya ngezinhlangoti ezine zawo; a ka cezukanga ekuyeni kwawo.

18 A be namabande awo, nokupakama, a be e sabeka; a ti amabande awo a gcwala amehlo a haqa lawamane.

19 Kwa ti ekuyeni kwezidalwa amasondo a hamba nga kuzo; nasekupakanyisweni kwezidalwa pezu komhlabati, amasondo a pakanyiswa.

20 Lapo umoya wa be u ya kuya kona, a ya kona, nalapo umoya wa be u ya kuya kona; a ti amasondo a pakanyiswa kanye nazo; ngokuba umoya wesidalwa u be u semasondweni.

21 Ekuyeni kwazo a ya wona; ekumeni kwazo, e ma; nasekupakanyisweni kwazo pezu komhlabati, amasondo a pakanyiswa kanye nazo: ngokuba umoya wezidalwa u be u semasondweni.

22 Kwa ti pezu kwamakanda esidalwa kwa ku kona isimo e si umkati wezulu, njengokubonakala kwekrustali elisabekayo, lenekwa pezu kwamakanda azo ngapezulu.

23 Na nga pansi komkati a be kona amapiko aqondileyo, elinye li kulo elinye; ku yileso a be kona amabili a zi sibekelayo, na ku leso a be kona amabili a zi sibekelayo, ukuti imizimba yazo.

24 Nga se ngi zwa inhlokomo yamapiko azo ekuyeni kwazo, njengenhlokomo yamanzi amaningi, njengezwi lika Somandhla, izwi lokukuluma, njengezwi lebandhla; ekumeni kwazo amapiko azo ehliswa.

25 La ti la ba kona izwi li pume emkatini wezulu o be u pezu kwamakanda azo, lapo za zi se mi, zehlisile amapiko azo.

26 Kwa ti nga pezu komkati o be u pezu kwamakanda azo, kwa ku kona umfanekiso wesihlalo sobukosi njengokubonakala kwetye eli isafire: na pezu komfanekiso wesihlalo sobukosi, umfanekiso njengesimo somuntu pezu kwalo ngapezulu.

27 Nga se ngi bona njengokukanya kwetusi, njengokubonakala komlilo ohaqayo ngapakati, ku qale ekubonakaleni kokalo lwaso kwangapezulu, ku qale nasekubonakaleni kokalo lwaso kwa ngapansi; nga ngi bona njengokubonakala komlilo, kwa ku kona nokukazimula okuhaqayo kuso.

28 Njengokubonakala kotingo o lu sefwini ngosuku lwemvula, kwa ku njalo ukubonakala kokukazimula okuhaqayo. Yiloku ukubonakala komfanekiso wokukazimula kuka Jehova. Nga bona mina, nga wa ngobuso bami, ngezwa izwi lokulumayo.

## ISAHLUKO 2.

WA se e ti kimi, Ndodana yomuntu, yima ezinyaweni zako, ngi ya kukuluma nawe.

2 Wa ti umoya we za pakati kwami, lapo wa kuluma kimi, wa ngi misa ezinyaweni zami, nga mu zwa yena o wa kuluma kimi.

3 Wa ti kimi, Ndodana yomuntu, ngi ya kutuma kubo abantwana ba seIsraeli, kuso isizwe esihlubukayo esi hlubukile kimi: bona noyise babo ba pambukile kimi, ku ze ku be ilona lolusuku.

4 Ngokuba ba ngabantwana abalukuni ngobuso aba nqala ngenhliziyo. Ngi ya kutuma kubona; wena u za ku ti kubo, Njalo i tyo iNkosi uJehova.

5 Ku ya kuti bona, noma bezwa, noma be yeka, (ngokuba ba yindhlu epambeneyo bona,) bazi impela ukuba umazisi u be kona pakati kwabo.

6 Wena Ndodana yomuntu u nga besabi, u nga wesabi namazwi abo, nokuba be ngabahlubukayo nameva kuwe, nokuba u hlezi wena pakati kofezela; u nga wesabe amazwi abo, u ngetuki ngobuso babo, nokuba ba yindhlu epambeneyo.

7 Wo kuluma amazwi ami kubona, noma bezwa, noma be yeka; ngokuba ba yindhlu epambeneyo bona.

8 Kepa, wena Ndodana yomuntu, yizwa loku e ngi ku kuluma kuwe; u nga bi opambanayo njenga lendhlu epambeneyo: kamisa umlomo wako u dhle loku e ngi ku nikayo.

9 Nga se ngi bona, bhekake, isandhla sa tunywa kimi; bhekake, pakati kwaso isongo lencwadi;

10 Wa ti wa yeneka pambi kwami; ya lotywa yona ngapambili nangasemva: kwa lotywa kuyo izililo, nokububula, nosizi.

## ISAHLUKO 3.

LAPO wa ti kimi, Ndodana yomuntu, yidhla loku o ya ku ku fumana; yidhla leli songo, yiya wena u kulume kuyo indhlu ya seIsraeli.

2 Nga se ngi kamisa umlomo wami, wa ngi dhlisa isongo lelo.

3 Wa buya, wa ti kimi; Ndodana yomuntu, yenza isisu sako si dhle, namatumbu ako o gcwala lelisongo e ngi ku nike lona. Lapo nga li dhla; la ti la ba njengezinyosi ngobumnandi emlonyeni wami.

4 Wa se e ti kimi, Ndodana yomuntu, hamba u ye kuyo indhlu ya seIsraeli, u kulume ngamazwi ami kubo.

5 Ngokuba a u tunywa wena kubantu a bezindebe ezingahlolekiyo, na bolimi olukuni, kepa kuyo indhlu ya seIsraeli.

6 Ku nga bi kubantu abaningi a bezindebe ezingahlolekiyo na bolimi olukuni, a bamazwi abo u nge wezwe; impela uma nga be ngi ku tumile ku bona, nga be be lalele kuwe.

7 Kepa indhlu ya seIsraeli a i yi ku vuma ukulalela kuwe; ngokuba a i vumi ukulalela kimi: ngokuba bonke a bendhlu ya seIsraeli ba nqala ngebunzi, ba lukuni ngenhliziyo.

8 Bheka ngenzile ubuso bako bu be nqala nga kubo ubuso babo, nebunzi lako li be nqala nga kulo ibunzi labo.

9 Njengetye iadamanti, ku nqala ku netye lomlilo ngenzile ibunzi lako; u nga besabi, u ngetuki ngobuso babo, ngokuba ba yindhlu epambeneyo.

10 Wa buya wa ti kimi, Ndodana yomuntu, onke amazwi e ngi ya ku wa kuluma kuwe, wamkele wona enhliziyweni yako, u wezwe ngezindhlebe zako.

11 Futi hamba u ye kubo abatunjwa, kubo abantwana babantu bakwenu, u kulume kubona; u tyo kubo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; noma bezwa, noma be ngezwa.

12 Lapo uMoya wa ngi pakamisa, wa
ti ngezwa emva kwami inhlokomo yo-
kuzamazisa okukulu, ya ti, Ku busisiwe
ukukazimula kuka Jehova ku lendawo.
13 Nenhlokomo yamapiko ezidalwa e
za namata esinye esinye, nenhlokomo ya-
masondo nga ku zona, nenhlokomo yo-
kuzamazisa okukulu.
14 Lapo uMoya wa ngi pakamisa, wa
ngi hola, nga ti nga ya ngi nyukumala
ekuvuteni komoya wami; kepa isa-
ndhla sika Jehova sa ba namandhla pe-
zu kwami.
15 Nga se ngi za kuzo izitunjwa eTel-
abibi, bona a ba hlezi nga semfuleni
uKebari, na lapo ba hlala kona nga hlala
kona nami izinsuku ezi isikombisa pa-
kati kwabo ngi dumala.
16 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku ezi
isikombisa, la ba kona izwi lika Jehova
kimi, li ti,
17 Ndodana yomuntu, ngi kwenzile u
be umlindi kuyo indhlu ya seIsraeli;
ngako wo li zwa izwi emlonyeni wami,
u ba yalele mina.
18 Nxa ngi tyo komubi, ukuti, Wo fa
ngokufa; kodwa a u m yalanga, a u ku-
lumanga ukuyala omubi a suke endhle-
leni embi yake a ze a pile; lo omubi u ya
kufa ekupambekeni kwake; kepa igazi
lake ngo li biza esandhleni sako.
19 Kanti wena uma u m yalile omubi,
kodwa a ka penduki kubo ububi bake,
na kuyo indhlela embi yake, yena u ya
kufa ekupambekeni kwake; kepa wena
u sindisile umpefumlo wako.
20 Na lapo olungileyo e buya kuko
ukulunga kwake, enze kabi, nxa ngi be-
kile isikubekiso pambi kwake, u ya kufa
yena; ngokuba wena a u m yalanga,
wo fa esonweni sake, futi okulungileyo
kwake a kwenzileyo a ku yi ku kunju-
lwa; kepa igazi lake ngo li biza esa-
ndhleni sako.
21 Kanti wena uma u yalile olungile-
yo ukuba a ngoni naye a ngoni, u ya
kupila belu, ngokuba u yaliwe; nawe u
sindisile umpefumlo wako.
22 Kwa ti kwa ba pezu kwami lapo
isandhla sika Jehova; wa se e ti kimi,
Suka u ye etafeni, na lapo ngo kuluma
nawe.
23 Lapo nga suka, nga ya etafeni;
bhekake, lapo kwema kona ukukazimu-
la kuka Jehova, njengokukazimula e ngi
ku bonileyo ngasemfuleni uKebari; nga
ti nga wa ngobuso bami.
24 Lapo uMoya wa ngena pakati kwa-
mi, wa ngi misa ezinyaweni zami, wa
kuluma nami, wa tyo kimi ukuti; Yiya
u zivalele endhlini yako.
25 Kepa wena, Ndodana yomuntu
bheka, ba ya kufaka izibopo pezu kwa-
ko, ba ku bope ngazo, ko ti u nga pume-
li pakati kwabo.
26 Ngi ya kuti ngenze ulimi lwako lu
namatele kulo ulwanga lwako, ko ti u
tule, a nga biko kubo umuntu oyalayo;
ngokuba ba yindhlu epambeneyo bona.
27 Kepa nxa ngi kuluma nawe, ngo
kamisa umlomo wako; wena u ya ku-
tyo kubo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi
uJehova, ngokuba ba indhlu epambe-
neyo bona.

## ISAHLUKO 4.

FUTI wena, Ndodana yomuntu, taba-
ta kuwe isitini, u si beke pambi
kwako, u lobe pezu kwaso umuzi, o ti-
wa iJerusalema.
2 Wo wu vimbezela, wake nga kuwo
inqaba, u qonge udonga, u beke nga ku-
wo amabandhla, u beke nga kuwo nga-
pambili izinqama zokubeta.
3 Futi tabata wena kuwe ipani lensi-
mbi, u li beke li be udonga lwensimbi
ngapakati kwako nomuzi; wo beka ubu-
so bako nga kuwo, wo ba nokuvimbeze-
lwa wona, wena wo wu vimbezela; loku
ku isiboniso kuyo indhlu ya seIsra-
eli.
4 Futi ma u lale ngohlangoti lwako
lobunxele, u beke ukupambeka kwe-
ndhlu ya seIsraeli pezu kwalo; njengo-
kubalwa kwezinsuku o ya kulala ngazo
kulo, wo pata ukona kwabo.
5 Ngokuba se ngi fakile pezu kwako
iminyaka yokupambeka kwabo, njengo-
kubalwa kwezinsuku, izinsuku ezinga-
makulu amatatu namashumi ashiyaga-
lolunye; njalo wo pata ukupambeka
kwendhlu ya seIsraeli.
6 Ko ti se u zi qedile zona, u lale o kwe-
sibili ngohlangoti lwako lokunene, u pate
ukupambeka kwendhlu ya seJuda izi-
nsuku ezingamashumi amane; ngi be-
kile pezu kwako usuku lu be ngo-
mnyaka.
7 Futi wo beka ubuso bako nga kuko
ukuvimbezelwa kweJerusalema, ko ti
ku zibukulwe ingalo yako, wazise nga
kulo.
8 Bhekake, ngo beka izibopo pezu
kwako, futi a u yi ku penduka ehlango-
tini ngohlangoti, u ze u qede izinsuku
zokuvimbezela kwako.

9 Futi tabata kuwe ukolweni nebale, nobontyisi, nezimbumba, namabele, nespelta, u wa beke esityeni si be sinye, u zenzele isinkwa ngawo, ngokokubala kwezinsuku o lala ngazo ngohlangoti, izinsuku ezingamakulu amatatu namashumi ashiyagalolunye wo dhla ngaso.
10 Ko ti ukudhla kwako o ya ku ku dhla ku be ngesilinganiso, amashekeli amashumi amabili ngosuku; wo ku dhla ngesikati na ngesikati.
11 Namanzi wo wa puza ngesilinganiso, inxenye yesitupa yehini; ngezikati na ngezikati wo puza.
12 Wo si dhla njengesinkwa sebale, u si peke emehlweni abo, ngendhle eli puma kumuntu.
13 Wa buya wa ti uJehova, Ku njalo abantwana ba seIsraeli ba ya ku si dhla isinkwa sabo esingcolileyo pakati kwezizwe, lapo ngi ba kapezela kona.
14 Nga se ngi ti, Au Nkosi Jehova! bheka, umpefumlo wami a u zanga u ngcoliswe; kwa sebutyeni bami nakaloku a ngi dhlanga ingcuba, nenyama ehebuliweyo; nenyama enukayo a i ngenanga emlonyeni wami.
15 Lapo wa ti kimi, Bheka, se ngi nikile umquba esikundhleni sendhle lomuntu, wo ti u lungise isinkwa sako ngawo.
16 Wa buya wa ti kimi, Ndodana yomuntu, bheka, mina ngo nqamula uqobo lokudhla eJerusalema; ba ya kuti ba dhle isinkwa ngesilinganiso, ngokukatala ba puze amanzi ngesilinganiso ngokudumala.
17 Ba ze ba swele ukudhla, namanzi, ba dumale umuntu nomuntu, ba zace ezipambekweni zabo.

## ISAHLUKO 5.

FUTI wena Ndodana yomuntu, tabata kuwe umese obukali, insingo yabagundayo wo yi tabata kuwe, u yi yise pezu kwekanda lako, na pezu kwezindevu zako; wo tabata kuwe isilinganiso u zahlukanise.
2 Wo tyisa inxenye yesitatu ngomlilo pakati komuzi, lapo izinsuku zokuvimbezela zi pelile; wo tabata nenxenye yesitatu, u yi tyaye ngomese ekuzungezeni: nenxenye yesitatu wo yi hlakaza emoyeni, futi ngo koka inKemba emva kwazo.
3 Wo tabata nengcozana ku zona, u zi bope engutyeni yako.
4 Futi wo tabata ku zona, u zi ponse pakati komlilo, u zi tyise emlilweni, ngokuba umlilo wo puma kuzo endhlini yonke ya seIsraeli;
5 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Iloku iJerusalema: ngi li bekile pakati kwezizwe, namazwe a li haqayo.
6 Lona li pendulile ukwahlulela kwami ebubini ku nezizwe, nemiteto yami ku namazwe a li haqayo; ngokuba zona zalile ukwahlulela kwami, nemiteto yami a zi hambanga ku yona.
7 Ngako, njalo i tyo iNkosi uJehova; ngenxa yenxokozelo yenu ku nezizwe ezi ni haqayo, a ni hambanga emitetweni yami, nokwahlulela kwami a ni kwenzanga, a nenzanga nanjengokwahlulula kwezizwe e zi ni haqayo.
8 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka, ngi pambene nawe, ehe mina! ngi ya kuti ngenze ukwahlulela pakati kwako ekuboneni kwezizwe.
9 Ngenze na kuwe loku e ngi nga kwenzanga, naloku e ngi nga yi ku kwenza njengako futi, ngenxa ya ko konke ukwenza okunengekayo kwako.
10 Ngako oyise ba ya kudhla abantwana pakati kwako, nabantwana ba ya kudhla oyise; ngi ya kuti ngenze ukwahlulela kuwe, nensalo yonke yenu ngo yi hlakaza emimoyeni yonke.
11 Ngako i tyo iNkosi uJehova, ukuba kona kwami! Impela, ngokuba u ngcolisile okuyingcwele kwami ngokutuneka konke kwako, nangokunengeka konke kwako, nga loku ngo ku ncipisa; iso lami a li yi ku dabuka, futi a ngi yi ku haukela.
12 Inxenye yesitatu yako yo fa ngesifo, na ngendhlala ba ya kuqedwa pakati kwako: nenxenye yesitatu i ya kuwa ngenkemba ngasekuzungezweni kwako; ngo ti ngi hlakaze inxenye yesitatu emimoyeni yonke, ngi koke inkemba emva kwabo.
13 Njalo ulaka lwami lu ya kufezwa, ngi hlalise intukutelo yami pezu kwabo, ngi tokoziswe; ba ya kuti bazi ukuba mina Jehova ngi kulumile ngomona wami, nxa ngi fezile intukutelo yami pezu kwabo.
14 Futi ngi ya kukwenza u be incitakalo, nehlazo pakati kwezizwe e zi ku haqayo emehlweni abo bonke aba dhlulayo.
15 Ko ti ku be ihlazo nensolo, nesiboniso, nomangaliso kuzo izizwe ezi ku haqayo, nxa ngenzile pakati kwako ukwahlulela ngolaka, na ngentukutelo, na

ngokukuza kwentukutelo; Mina Jehova se ngi ku tyilo.

16 Nxa ngi tumile pezu kwabo imisebe emibi yendhlala, e ya kuba ukucita kwabo, e ngi ya ku yi tuma ukunicita; ngo ti ngi kulise indhlala pezu kwenu, ngi nqamule uqobo lwenu lokudhla.

17 Ngo tuma pezu kwenu indhlala, nezilo ezibi, zi ya kwenza u felwe abantwana; nesifo negazi li ya kudhlulela pakati kwako; ngi ya kuzisa nenkemba pezu kwako. Mina Jehova ngi ku tyilo.

## ISAHLUKO 6.

KWA se ku fika izwi lika Jehova kimi, li ti.

2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bako kuzo izintaba za seIsraeli, wazise nga kuzo.

3 U tyo, ukuti, Zintaba za seIsraeli, yizwani izwi leNkosi uJehova. Njalo i tyo iNkosi uJehova kuzo izintaba, na kuzo izintabana, na kuzo izihlambo, na kuzo izigodi; Bheka, ngo zisa pezu kwenu inkemba, ngi sabalalise izako zenu zokukuleka ezindaweni ezipakamileyo.

4 Amalati enu a zo citwa, nemifanekiso yenu yelanga yo fehlezwa; ngo wisa abahlatyiweyo benu pambi kwezitombe zenu.

5 Ngo beka izidumbu zabantwana ba seIsraeli pambi kwezitombe zabo, ngi hlakaze amatuna enu ekuzungezeni nga pambi kwamalati enu.

6 Ezinhlalweni zenu zonke imizi yo citakaliswa, nezako zokukuleka ezindaweni ezipakamileyo zo sabalaliswa; ukuze amalati enu a citakale a pute, nezitombe zenu zi fehlezwe zi pele, nemifanekiso yenu yelanga i nqunywe, nemisebenzi yenu i hlangulwe.

7 Ko ti abahlatyiweyo ba we pakati kwenu, nazi ukuba ngi nguJehova.

8 Kepa ngo shiya ba be kona kini aba pepa inkemba pakati kwezizwe, ekuhlakazweni kwenu emazweni.

9 Ko ti abapepayo bakini ba ngi kumbule pakati kwezizwe lapo ba ya kutunjelwa kona; e ngi dabukiswa inhliziyo yabo epingayo, e hlubukile kimi, namehlo abo a pinga nezitombe zabo; futi ba ya kuzidelela ngenxa yokubi a ba kwenzileyo ngokunengeka konke kwabo.

10 Ba ya kuti bazi ukuba ngi nguJehova, a ngi tyongo ngeze, ukuti, ngo kwenza ku bona lokokubi.

11 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Tyaya ngesandhla sako, u gqume ngonyawo lwako, u tyo, Au kuko konke ukunengeka okubi kwendhlu ya seIsraeli! ngokuba ba ya kuwa ngenkemba, na ngendhlala na ngesifo.

12 Yena o katyane wo fa ngesifo, yena o seduze wo fa ngenkemba, yena o sele e vimbezelwe wo fa ngendhlala; njalo ngo feza intukutelo yami pezu kwabo.

13 Ko ti bazi ukuba ngi nguJehova, nxa abahlatyiweyo bako aba kona pakati kwezitombe zabo ekuzungezeni kwamalati azo pezu kwezintabana zonke ezipakamileyo, naseziqongeni zonke zezintaba, na nga pansi kwemiti yonke ehlumayo, na nga pansi kwamaterabinte onke ahlangeneyo, e indawo lapo ba nikela kona impepo emnandi kuzo zonke izitombe zabo.

14 Ngo ti ngelula isandhla sami pezu kwabo, ngenze izwe li be ukuciteka, nencitakalo ku nehlane eDiblati, ezinhlalweni zonke zabo; futi ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

## ISAHLUKO 7.

KWA buya kwa fika kimi izwi lika Jehova, li ti.

2 Wenake, Ndodana yomuntu, njalo i tyo iNkosi uJehova kulo izwe la seIsraeli; ukugqiba se ku fikile, ukugqiba pezu kwamagumbe amane ezwe.

3 Kaloku ukugqiba ku pezu kwako, ngi ya kuti ngi tume ulaka lwami pezu kwako, ngi pindisele pezu kwako ukunengeka konke kwako.

4 Ko ti iso lami li nga ku dabukeli, ngi nga ku haukeli futi; ngokuba ngo pindisela izindhlela zako pezu kwako, nokunengeka kwako ko ba pakati kwako; ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova.

5 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ukonakala, ukonakala, oku kodwa, bheka, se ku fikile.

6 Ukugqiba ku fikile, ku fikile ukugqiba, ku vukela wena; bheka se ku fikile.

7 Isondo li ya sondela Wena o hlezi ezweni; se ku fikile isikati, lu seduze usuku lwevuso, ku nge siko ukwetaba ezintabeni.

8 Kaloku ngo tela intukutelo yami pezu kwako ngokuzumeka, ngi feze ulaka lwami pezu kwako; mina ngi ya kwahlula njengezindhlela zako; ngi

pindisele kuwe ngokwenza okunengekayo konke kwako.
9 Ko ti iso lami li nga ku dabukeli,
ngi nga ku haukeli futi; ngo pindisela pezu kwako njengezindhlela zako, nokwenza kwako okunengekayo o ku kona pakati kwako; ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova otyayayo.
10 Bheka usuku, bheka lu ye za; isondo li gqibile; intonga i milile, ukuzidhla ku kahlele.
11 Ukonakalisa se ku vukile ku ze ku be intonga yokubi; a ku yi ku sala ku bona, a ku yi ku sala nesixuku sabo, a ku yi ku sala nengcebo yabo; a ku yi ku ba kona nokulilela bona.
12 Isikati se si fikile, usuku lu sondele; otengayo ma ka nga jabuli, notengisayo ma ka nga lili, ngokuba intukutelo i pezu kwesixuku sonke salo.
13 Ngokuba otengisayo a ka yi ku buyisela loku a ku tengiweyo, nokuba ba sa pila pakati kwabezwayo; ngokuba isibonakalo si kuso isixuku sonke salo, a si yi ku buya; futi a ka yi ku ziqinisa ebubini bake namunye umuntu.
14 Ba kalisile ngetilongo ukulungisa konke, kepa akuko o ya ekulweni; ngokuba intukutelo yami i pezu kwesixuku sonke salo.
15 Inkemba i ngapandhle, isifo nendhlala ku pakati; yena o sendhle wo fa ngenkemba; yena o semzini, indhlala nesifo ku ya ku mu dhla.
16 Kodwa abasindayo babo ba ya kusinda, ba be ezintabeni njengamajuba emifunda, be kala ilowo nalowo ngezono zake.
17 Izandhla zonke zi ya kudangala, namadolo onke a ya kuguquka amanzi.
18 Ba ya kwambata izindwangu zoboya, futi ukututumala ko ba sibekela; ko ba kona izinhloni ebusweni bonke, nempandhla pezu kwamakanda onke.
19 Ba zo ponsa isiliva labo ezindhleleni, negolide labo lo ba ukunengeka; isiliva labo negolide labo a li yi ku ba namandhla uku ba sindisa ngomhla wolaka luka Jehova; a ba yi ku sutisa imipefumlo yabo, namatumbu abo a ba yi ku wa gcwalisa: ngokuba ububi babo bu isikubekiso.
20 Ubuhle besivunulo sake wa bu beka ebukosini: kepa imifanekiso yokunengeka kwabo, i ti izinto ezingcolileyo zabo ba zenzile zona pakati kwabo; ngako ngi benzile bu be isinengeko ku bona.
21 Ngi ya kuti ngi bu nike ezandhleni zabafo bu be isitunjwa, na kubo ababi bezwe bu be impango; ba bu ngcolise.
22 Ngo ti ngi fulatela ubuso bami ku bona, ba ngcolise indawo yami esitekileyo; ngokuba abapangi ba ya kungena ba yi ngcolise.
23 Yenza iketango; ngokuba izwe li gcwele amacala egazi, nomuzi u gcwele ukonakalisa.
24 Ko ti ngi zise ababi bezizwe, ba bambe izindhlu zabo; Lapo ngi ya kwenza bu pele ubukosi baba namandhla; nezindawo zabo eziyingcwele zo ngcoliswa.
25 Ukwetuka ku ye za, ba ti ba funisisela ukuhlala kahle, ku ngeko kodwa.
26 Ukuwa ko fika nga pezu kokuwa, ko ba kona imbiko nga pezu kwembiko, lapo ba zo funa isibonakalo somazisi; kepa umteto wo m putela umazisi, nesiyalo abadala.
27 Inkosi yo nyukumala, namakosana a ya kwambatiswa ukucitakala, nezandhla zabantu bezwe zo tutumala; ngi ya kwenza ku bona njengendhlela yabo, na ngokwamacala abo ngo bahlulela; Ba ya kuti bazi ukuba ngi nguJehova.

## ISAHLUKO 8.

KWA ti ngomnyaka wesitupa, ngenyanga yesitupa, ngolwesihlanu lwayo ngi sa hlala endhlini yami, nabadala ba seJuda be sa hlala pambi kwami, isandhla seNkosi uJehova sa wa lapo pezu kwami.
2 Lapo nga bona, bhekake, umfanekiso njengokubonakala komlilo; ku suke ekubonakaleni kokalo lwake ngapansi, umlilo; ku suke nasokalweni lwake ngapezulu, njengokubonakala kokukazimula, njengokukanya kwetusi elihle.
3 Wa ti wa pumisa isimo sesandhla, wa ngi pata ngezinwele zebuuzi lekanda lami; kwa ti umoya wa ngi pakamisa pakati komhlaba nezulu, wa ngi zisa eJerusalema ezibonakalweni zika Tixo, ngasemnyango wesango elingapakati eli bheka ngasenyakato; lapo si kona isihlalo sesitombe esi umona, esi banga umona.
4 Bhekake, lapo ukukazimula kuka Tixo wa seIsraeli, njengokubonakala e nga ku bona ngi semfundeni.
5 Wa se e ti kimi, Ndodana yomuntu bekisa manje amehlo ako ngendhle-

la yenyakato: lapo nga bekisa amehlo ami ngendhlela yenyakato, bhekake, ngasenyakato esangweni lelati lesitombe esi umona ngasekungeneni.

6 Wa buya wa ti kimi, Ndodana yomuntu, u ya ku bona loku a ba kwenzayo na? ukunengeka okukulu e kwenzayo indhlu ya seIsraeli lapa, ukudedisa kude kuyo indawo yami eyingcwele? kodwa penduka futi, wo bona ukunengeka okukulu ku naloku.

7 Wa se e ngi zisa kuwo umnyango wetanga; nga ti ukubheka, nga bona imbobo odongeni.

8 Lapo wa ti kimi Ndodana yomuntu, yimba manje odongeni: nga se ngi mba odongeni, bhekake umnyango.

9 Wa ti kimi, Ngena, u bone ukunengeka okubi aba kwenzayo lapa.

10 Nga ti nga ngena, nga bona bhekake, izimo zonke zezilwane ezikasayo nezezilo ezingahlanzekile, nezitombe zonke zendhlu, ya seIsraeli zi lotyiwe odongeni ekuzungezeni.

11 Kwa ti kwema pambi kwazo amadoda a ngamashumi a isikombisa a kwabadala ba seIsraeli, noJazania indodana ka Shafani we ma pakati kwawo; ilendoda i noti lwayo lokutyisa impepo esandhleni sayo; la ti ipunga, ifu lempepo lenyuka.

12 Lapo wa ti kimi, u bonile yini Ndodana yomuntu, loku a ba kwenzayo ebumnyameni, abadala bendhlu ya seIsraeli yilendoda emagumbeni emifanekiso yayo na? ngokuba ba ti akuko ku tina uTixo obonayo; uJehova u shiyile izwe.

13 Wa se e ti kimi futi, penduka, wo bona ukunengeka okukulu ku nako aba kwenzayo.

14 Lapo wa ngi zisa emnyango wesango lendhlu ye Nkosi eli ngasenyakato; bhekake, lapo abesifazana ba hlala be lilela uTamuzi.

15 Wa buya wa ti kimi, u bonile yini Ndodana yomuntu? penduka futi, wo bona ukunengeka okukulu ku naloku.

16 Wa se e ngi zisa ebaleni lendhlu ka Jehova elingapakati, bhekake, emnyango wetempeli lika Jehova, emkatini wokungena nelati, ngasemashumini amabili nanhlanu amadoda, imihlana yawo i ngasetempeleni lika Jehova, nobuso bawo bu ngasempumalanga; a ti a kotamela ilanga ngasempumalanga.

17 Wa se e ti kimi, u bonile loku, Ndodana yomuntu na? ku lula yini kuyo indhlu ya seJuda nxa ba kwenza ukunengeka aba kwenzayo lapa? ngokuba ba gcwalise izwe ngokwenakalisa, futi ba buyile uku ngi tukutelisa; bhekake, ba faka izintsaba ezimpumulweni zabo.

18 Ko ti pela ngenza ngentukutelo yami: iso lami a li yi ku dabuka, futi a ngi yi ku haukela; ba ya kuti ba kale ngezwi elikulu ezindhlebeni zami, kepa a ngi yi ku zwa.

## ISAHLUKO 9.

LAPO wa memeza ezindhlebeni zami ngezwi elikulu, e ti, Ma ba sondele abapindiseli umuzi, ku ti ilomuntu e nesikali sokubulala esandhleni sake.

2 Bhekake, amadoda ayisitupa a fika e vele ngendhlela yesango elipakamileyo, eli bheka ngasenyakato, i ti ilendoda i nesikali sokufehleza esandhleni sayo; nendoda enye pakati kwawo ya gqoka ilineni, nopondo lweinke lombali okalweni lwayo; a ti a ngena, e ma ngasohlangotini lwelati letusi.

3 Futi ukukazimula kuka Tixo wa seIsraeli kwa ba se kwenyukile pezu kwekerubi, lapo ku be kona kulo, kweza emgulugulwini womnyango wendhlu; lapo wa memeza kuyo indoda e gqoke ilineni, e bi nopondo lweinke lombali okalweni lwayo.

4 Wa se e ti kuyo uJehova, dhlulela pakati komuzi, ukuti pakati kweJerusalema u beke upau ebunzini labantu aba lingozayo, bona aba lingoza ngokunengeka konke o kwenziwayo pakati kwawo.

5 Na ku lawa amanye wa ti endhlebeni yami, dhlulani emzini emva kwayo, ni bulale; iso lenu ma li nga dabukeli, ni nga haukeli:

6 Bulalani ngokubulala omdala, nomutya, nentombi nabantwana, nabafazi, kepa ni nga sondeli kumuntu noyedwa upau lu pezu kwake; ni qale endaweni yami eyingcwele. Lapo ba qala kubantu abadala a ba be be pambi kwendhlu.

7 Wa buya wa ti kuwo, Ngcolisani indhlu, ni gcwalise amabala ngabahlatyiweyo; pumani: A ti a puma, a bulala emzini.

8 Kwa ti e se ba bulala, mina ngi shiyiwe, nga se ngi wa ngobuso bami, nga kala, nga ti, Au Nkosi Jehova! wo bulala insalo yonke ya seIsraeli eku-

teleni kwako intukutelo yako pezu kwe-
Jerusalema na?
9 Lapo wa ti kimi, ububi bendhlu
ya seIsraeli neya seJuda bukulu ka-
kulu, li ti izwe li gcwele igazi, nomuzi
u gcwele ukupambukisa; ngokuba ba
ti, uJehova u shiyile izwe, futi akuko
uJehova obonayo.
10 Kepa mina iso lami a li yi ku
dabuka, a ngi yi ku haukela, ngo pindi-
sela indhlela yabo pezu kwekanda labo.
11 Bhekake, indoda e gqoke ilineni,
e bi nopondo lweinke lombali okalweni
lwayo, ya buyisa izwi, lokuti, Se nge-
nzile njengaloku wa ngi memezela
kona.

## ISAHLUKO 10.

LAPO nga bona, bhekake, emkatini o
be pezu kwekanda lamakerubi, kwa
bonakala pezu kwawo njengetye lesa-
fire, njengokubonakala komfanekiso we-
sihlalo sobukosi.
2 Wa ti wa kuluma kuyo indoda
embete ilineni, wa ti, Ngena pakati
kwamasondo a nga pansi kwekerubi,
u gcwalise isandhla sako amalahle
omlilo avutayo ngapakati kwamake-
rubi, u wa hlakaze pezu komuzi. Wa
se e ngena pambi kwamehlo ami.
3 A ti amakerubi a be e mi ngesoku-
nene kwendhlu, ekungeneni kwendoda;
futi ifu la gcwalisa ibala elingapakati.
4 Lapo ukukazimula kuka Jehova
kwenyukela ku suke pezu kwamake-
rubi pezu komgulugulu womnyango
wendhlu; ya ti indhlu ya gcwaliswa
ifu, nebala la gcwala ukukanya koku-
kazimula kuka Jehova.
5 Ya ti inhlokomo yamapiko amake-
rubi ezwakala ebaleni elingapandhle,
njengezwi lika Tixo uSomandhla nxa
e kuluma.
6 Kwa tike ukuyaleza kwake kuyo
indoda embete ilineni, ngokuti, Tabata
umlilo ngapakati kwamasondo a pakati
kwamakerubi; ya ngena yema nga-
semasondweni.
7 Kwa ti ikerubi la pumisa isandhla
salo ngapakati kwamasondo kuwo umli-
lo o be pakati kwamakerubi, la tabata,
la nikezela ezandhleni zake o wembete
ilineni; o wa tabata, wa puma.
8 Kwa ti kwa bonakala kulo ikerubi
umfanekiso wesandhla somuntu nga
pansi kwamapiko.
9 Kepa ngi sa bona, bhekake, ama-
sondo amane, ngakuwo amakerubi, iso-
ndo li linye nga kulo ikerubi linye,
nesondo li linye nga kulo ikerubi eli-
nye; futi ukubonakala kwamasondo
njengokukazimula kwetye eli itopazi.
10 Kwa ti ukubonakala kwawo, umfa-
nekiso munye u be kuwo amane, nje-
ngaloku isondo li be pakati kwesondo.
11 Nxa e hamba, a ya ngezinhlangoti
ezine zawo; a ka guqukanga ekuha-
mbeni kwawo, ngokuba indawo lapo
ikanda la bhekisa kona a ya emva kwalo;
a ka pendukanga ekuhambeni kwawo.
12 Kwa ti inyama yonke yawo, no-
mhlana wawo, nezandhla zawo, nama-
piko awo, namasondo a gcwele amehlo
ekuzunguzeni, ukuti amasondo a be ku
lawamane.
13 Kuwo amasondo kwa tiwa ezi-
ndhlebeni zami, sondo.
14 Kwa ti ubuso bune bu be ku yileli,
ubuso bokuqala ubuso bekerubi, ubuso
besibili ubuso bomuntu, obesitatu ubuso
bengonyama, no besine ubuso benqe.
15 A ti amakerubi a pakanyiswa. Yi-
lesi isidalwa e nga si bona ngasemfuleni
uKebari.
16 Kwa ti ekuhambeni kwamakerubi,
a ya ngakuwo amasondo; na lapo ama-
kerubi a pakamisa amapiko awo ukwe-
nyuka pezu komhlaba, lawamasondo
nawo a ka pendulwanga nga kuwona.
17 Ekumeni kwawo kwema lawa; na-
sekupakameni kwawo, kwa zipakamisa
lawa; ngokuba umoya wesidalwa u be
pakati kwawo.
18 Lapo ukukazimula kuka Tixo kwa
deda kuwo umgulugulu wendhlu, kwe
ma nga pezu kwamakerubi.
19 Futi amakerubi a pakamisa amapi-
ko awo, enyuka kuwo umhlaba eme-
hlweni ami: ekupumeni kwawo, ama-
sondo nawo a be ngakuwo, la ti ileli le-
ma emnyango wesango la sempumala-
nga lendhlu yika Jehova; futi ukuka-
zimula kuka Tixo wa seIsraeli ku be pe-
zu kwawo.
20 Yilesi isidalwa e nga si bona pansi
kuka Tixo wa seIsraeli ngasemfuleni
uKebari, futi ngazi ukuba a ngamake-
rubi wona.
21 Lawa amane a be nobuso bune kulo
linye, namapiko amane kulo linye; futi
umfanekiso wesandhla somuntu u be
pansi kwamapiko.
22 Futi umfanekiso wobuso bawo, bo-
na ba be bu ubuso yilobo e nga bu bo-
na ngasemfuleni uKebari, ukubonakala
kwawo, kwa ku iwona; a hamba yileli
pambi ngo kobuso balo.

## ISAHLUKO 11.

LAPO umoya wa ngi pakamisa, wa ngi zisa kulo isango la sempumalanga lendhlu ka Jehova, eli komba empumalanga: bhekake ngasemnyangweni wesango amadoda a ngamashumi amabili nesihlanu; futi nga bona pakati kwawo uJazania indodana ka Azuri, noPelatia indodana ka Benaia, izikulu zabantu.

2 Wa se e ti kimi, Ndodana yomuntu, iwona amadoda a ceba okubi, a qondisa ukuqondisa okubi emzini lo.

3 A ti, A ku seduze ukwaka izindhlu na? lo u imbiza, tina si inyama.

4 Ngako yazisa nga kuwo, yazisa Ndodana yomuntu;

5 Kwa ti umoya kaJehova wa wa pezu kwami, wa ti kimi, yityo ukuti; Njalo u tyo uJehova; Njalo ni tyilo, Ndhlu ya seIsraeli; ngi ya zazi izinkumbulo e zi vuka emimoyeni yenu.

6 Nandisile abahlatyiweyo benu emzini lo, ni gcwalisile izindhlela zawo ngabahlatyiweyo.

7 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Abahlatyiweyo benu, e ni ba bekile pakati kwawo, bona ba inyama, wona lomuzi, u i imbiza: kepa ngo ni pumisa pakati kwawo.

8 Ni sabile inkemba; kepa ngo zisa inkemba pezu kwenu, i tyo iNkosi uJehova.

9 Ku ya kuti ngi ni pumise pakati kwawo; ngi ni nike esandhleni sabafo, futi ngi ya kwenza kini ukwahlulela kwami.

10 Ni ya kuwa ngenkemba, ngo nahlula ngaseceleni la seIsraeli: futi ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

11 Lomuzi a u yi ku ba kini imbiza, futi a ni yi ku ba inyama pakati kwawo; eceleni la seIsraeli ngo nahlula.

12 Futi ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova; e ni nga hambanga emitetweni yami, nokwahlulela kwami a ni kwenzanga; kepa nenzile njengokwahlulela kwezizwe e zi ni zungezayo.

13 Kwa tike, ukwazisa kwami uPelatia indodana ka Benaia wa fa. Lapo nga wa ngobuso bami, nga kala ngezwi elikulu, nga ti. Au Nkosi Jehova! u ya kwenza ukuqeda insalo ya seIsraeli na?

14 Lapo kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

15 Ndodana yomuntu, abafo wenu, abafo wenu, abantu bezihlobo zako, nendhlu yonke ya seIsraeli impela, ba yilaba a ba tyilo kubo bona aba hlezi eJerusalema, ukuti, Dedani kude kuJehova; ki tina lelilizwe li piwe uku li bamba.

16 Ngako yityo ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Noma ngi ba dedisile kude pakati kwezizwe, noma ngi ba hlakazile pakati kwamazwe, noko ngo ba kubona okuyingcwele okuncane emazweni lapo ba ya kuza kona.

17 Ngako yityo, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngo ni buta ni pume kubantu, ngi ni hlanganise, ni pume emazweni e ni hlakaziwe kona, ngo ni nika izwe la seIsraeli.

18 Ba ya kuti ba ze lapa, ba suse okudeliweyo konke kwawo, nokunengekayo konke kwawo kulo.

19 Ngo ti ngi ba nike inhliziyonye, ngi beke umoya omutya pakati kwenu; ngi suse inhliziyo yetye kuyo inyama yabo, ngi ba nike inhliziyo yenyama:

20 Ukuze ba hambe emitetweni yami, ba gcine ukwahlulela kwami, ba kwenze; futi ba ya kuba kimina abantu, ngi be kubona uTixo.

21 Kepa bona inhliziyo yabo i hamba ngokwenhliziyo yokudeliweyo kwabo, nokunengekayo kwabo; ngo pindisela indhlela yabo pezu kwamakanda abo, i tyo iNkosi uJehova.

22 Lapo amakerubi a pakamisa amapiko awo, namasondo ngakuwo; futi ukukazimula kuka Tixo wa seIsraeli ku be pezu kwawo ngapezulu.

23 Kwa ti ukukazimula kuka Tixo kwenyukela ku vele kuwo umuzi ngapakati, kwema entabeni e ngasempumalanga komuzi.

24 Lapo umoya wa ngi pata wa ngi zisa esibonakalweni nguMoya ka Tixo eKaldea, kubo abokutunjwa; Sa ti isibonakaliso e ngi be ngi si bonile senyuka si deda kimi.

25 Nga se ngi kuluma kubo abokutunjwa onke amazwe ka Jehova o wa ngi bonisa wona.

## ISAHLUKO 12.

KWA ba kona izwi lika Jehova futi lokuti.

2 Ndodana yomuntu, wena u hlezi pakati kwendhlu epambeneyo; abayo ba namehlo okubona, be nga boni, ba nezindhlebe zokuzwa, be ngezwi; ngokuba ba indhlu epambeneyo bona.

3 Ma u te wena Ndodana yomuntu u

zenzele impahla yokusuka, u suke emini emehlweni abo; wo ti u suke kuyo indawo yako u ye kwenye indawo emehlweni abo; mhlaumbe ba ya kubona, nokuba ba indhlu epambeneyo bona.

4 Futi wo pumisa emini emehlweni abo impahla yako, njengempahla yokusuka; wo puma wena kusihlwa emehlweni abo, njengabapumela ekutunjweni.

5 Zifohlele udonga emehlweni abo, u pume ngalo.

6 Emehlweni abo wo pata ehlombe lako, u pumise ekuhlweni, wo sibekela ubuso bako ukuba u nga boni umhlabati; ngokuba ngi ku bekele umbonelo kuyo indhlu ya seIsraeli.

7 Lapo ngenza njalo njengaloko nga be ngi yalelwe; nga pumisa impahla yami njengempahla yokutunjwa emini, na kusihlwa nga zifohlela udonga ngesandhla; nga pumisa ekuhlweni, nga pata ehlombe lami emehlweni abo.

8 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova ekuseni, lokuti;

9 Ndodana yomuntu, abendhlu ya seIsraeli, indhlu epambeneyo, a ba tyongo kuwe yini, Wenzani na?

10 Yityo kubona, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, ikona ukwazisa ngenkosi e seJerusalema na ngabendhlu yonke ya seIsraeli a ba pakati kwalo.

11 Yityo ukuti, Mina ngi umboniso wenu; njengaloko ngenzile, njalo ku ya kwenziwa kubona: ba ya kuya ekutunjweni nasekubambekeni.

12 Futi inkosi e pakati kwabo, yo pata ehlombe layo ekuhlweni, i pume: ba ya kufohla udonga ukupumisa ngawo; yo sibekela ubuso bayo, ukuze i nga boni umhlabati ngamehlo.

13 Futi ngo ponsa ineta lami pezu kwayo, yo badjwa esihibeni sami yona; ngo ti ngi yi zisa kulo iBabulona izwe labaKaldea, kepa a i yi ku li bona, noko yo fa kona.

14 Futi ngo ba sabalalisa emimoyeni yonke bonke a ba yi zungezayo, be yi siza, nezimpi zonke zayo; ngo koka nenkemba emva kwabo.

15 Ba ya kuti bazi ukuba ngi nguJehova, nxa ngi ba hlakazile pakati kwezizwe, ngi ba sabalalise emazweni.

16 Kepa ngo shiya kubo abantu abatile be sinda kuyo inkemba, na kuyo indhlala, na kuso isifo; ukuze ba tyele ukunengeka konke kwabo kuzo izizwe lapo ba ya kuza kona; bo ti bazi ukuba ngi nguJehova.

17 Futi kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti;

18 Ndodana yomuntu, yidhla isinkwa sako ngokuqaqazela, u puze amanzi ako ngokututumala, na ngokukatazeka;

19 U tyo kubantu bezwe, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova kubo aba hlezi eJerusalema, kulo izwe la seIsraeli; Ba ya kudhla isinkwa sabo ngokukatazeka, ba puze amanzi abo ngokudumala, ukuze izwe lalo li citakele kuko ukugcwala kwalo, ngako ukwenakalisa kwabo bonke aba hlezi kulo.

20 Ko ti imizi eyakiweyo yo citwa, nezwe li ya kuba incitakalo; ni ya kwazi nina ukuba ngi nguJehova.

21 Futi kwa ba kona kimi izwi lika Jehova lokuti.

22 Ndodana yomuntu, ku yini na isikulumo lesi e ni naso ezweni la seIsraeli; sokuti, Izinsuku zi ya jobelelwa, nezibonakalo zonke zi ya puta?

23 Ngako ba tyele, Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngi ya kwenza ku pele lesisikulumo, futi a ba yi ku fanisa ngaso eIsraeli; ngokuba nxa izwi li ku bona, izinsuku zi ya sondela, nako okutyiwo kwezibonakalo zonke.

24 Ngokuba a ku yi ku ba kona futi isibonakalo esi ize, nokubula okutelezayo pakati kwendhlu ya seIsraeli.

25 Ngokuba ngi nguJehova, ngo kuluma, izwi e ngi ya kulikuluma, li ya kwenziwa futi; a ku sa yi ku libaziswa; ngokuba ngezinsuku zenu, Ndhlu epambeneyo, ngi ya kutyo izwi, ngi lenze, i tyo iNkosi uJehova.

26 Futi kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

27 Ndodana yomuntu, bheka, abendhlu ya seIsraeli ba tyo, ukuti, Isibonakalo a si bonayo yena, si kuzo izinsuku eziningi ezi pambili, futi u yazisa ngezikati ezi kude.

28 Ngako yityo kubona, Njalo i tyo iNkosi uJehova; a ka sa yi ku libaziswa amazwi ami nelodwa, izwi e ngi li kulumayo li ya kwenziwa, i tyo iNkosi uJehova.

## ISAHLUKO 13.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

2 Ndodana yomuntu, yazisa nga kubo abazisi ba seIsraeli abazisayo, u tyo ku bona a bazisa okwenhliziyo yabo, Yizwani izwi lika Jehova.

3 Njalo i tyo iNkosi uJehova, Maye kubo abazisi aba nobuula a ba landela umoya wabo, nako a ba nga ku bonileyo!

4 Israeli, abazisi bako ba njengezimpungutye ehlane.

5 A ni kupukelanga ezikaleni, a ni lwakelanga indhlu ya seIsraeli udonga, ukuma ekulweni ngosuku luka Jehova.

6 Ba bonile oku ize, nokubula kwamanga, be tyo ukuti, U tyo uJehova; kepa uJehova a ka ba tumanga: futi ba tembisa ukumisa izwi.

7 A ni bonanga yini oku ize, nokubula kwamanga, a ni ku kulumanga yini na? futi ni tyo, ukuti, U tyo uJehova; kepa ngi nga kulumanga.

8 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba ni kulumile oku ize, ni bonile amanga, ngako, ngi pambene nani, i tyo iNkosi uJehova.

9 Ko ti isandhla sami si be pezu kwabazisi a ba bona oku ize, na ba bula amanga; a ba yi ku ba kona empakatini wabantu bami, futi a ba yi ku balwa esibalweni sendhlu ya seIsraeli, a ba yi ku za nasezweni la seIsraeli; futi ni ya kwazi ukuba ngi yiNkosi uJehova.

10 Ngokuba, yebo ngokuba bedukise abantu bami, ngokuti, Ku ukuhlala kahle, kepa a ku ko ukuhlala kahle; kwa ti lo waka udonga, bhekake, bona ba wu nameka ngodaka olu nga vutiweyo.

11 Yityo ku bona a ba wu nameka ngodaka olu nga vutiweyo; li ya kuwa lona; ko ba kona imvula e uzamcolo; nani nina matye a yizicoto ni ya kuwa; futi umoya o yisipepo wo wu dabula.

12 Bheka lapo udonga lu wile, a ku yi ku tyiwo kini ukuti, lu pi udaka e na lu nameka na?

13 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; ngo wu dabula ngomoya oyisipepo ngentukutelo yami; futi ko ba kona imvula e uzamcolo ngolaka lwami, namatye a yizicoto ngentukutelo yami uku wu qeda.

14 Njalo ngo wisa pansi udonga e ni lu namekile ngodaka olu nga vutiweyo, ngi lwenze lu namate umhlabati; futi isisekelo salo so bonakala, lu we; nina ni ya kuqedwa pakati kwalo; futi ni ya kwazi ukuba mina ngi nguJehova.

15 Njalo ngo pelelisa intukutelo yami odongeni, na ku bona a ba lu nameka ngodaka olu nga vutiweyo, futi ngo ti kini, Aluko udonga, abako na ba lu namekileyo.

16 Aba ti abazisi ba seIsraeli a ba zisa kulo iJerusalema, na ba bona izibonakalo zokuhlala kahle kulo, kanti akuko ukuhlala kahle, i tyo iNkosi uJehova.

17 Futi, Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bako nga kuwo amadodakazi abantu bako, azisa oku puma enhliziyweni yawo; wazise nga kuwo.

18 U tyo ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Maye kubo abesifazana abatunga amacansi kuwo amalunga onke ezandhla, a benza nezingubo pezu kwekanda lezitombe zonke ukuzingela imipefumlo! Ni ya kuzingela imipefumlo yabantu bami, ni ya kupilisa imipefumlo e ze kini.

19 Futi no ngi ngcolisa pakati kwabantu bami, ngezandhla e zi gcwele ubale, na ngamaqata esinkwa ukubulala imipefumlo e be i nga yi ku fa, noku pilisa imipefumlo e be i nga yi ku pila, ngokuqamba amanga kwenu kubantu bami a bezwa amanga.

20 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova, bheka mina ngi nga kuwo amacansi enu e ni zingela ngawo imipefumlo njengezinyoni, ngo ti ngi wapule ezingalweni zenu, ngi pumise imipefumlo, imipefumlo e ni yi zingelayo njengezinyoni.

21 Ngo wapula nezingubo zenu ngi pumise abantu bami esandhleni senu, futi a ba sa yi ku ba kona esandhleni senu ukuzingelwa, ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova.

22 Ngenxa yokudabukisa kwenu inhliziyo yolungileyo ngamanga, noko a ngi ba dabukisanga; na ngokuqinisa isandhla somubi fune a buye ngendhlela embi yake, ngoku m pilisa.

23 Ngako a ni sa yi ku buka ize, ni nga buli futi nokubula; futi ngi ya kusindisa abantu bami esandhleni senu, ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova.

## ISAHLUKO 14.

LAPO kweza kumi abantu abadala ba seIsraeli, ba hlala pambi kwami.

2 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

3 Ndodana yomuntu, lababantu ba misile enhliziyweni yabo izitombe zabo, ba bekile isikubekiso sobubi babo ngapambili kobuso babo; nga ngi lalela ku bona ngokunaka na?

4 Ngako kuluma ku bona, u tyo kubo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; I lowo muntu wendhlu ya seIsraeli o mise enhliziyweni yake izitombe

zake, e bekise isikubekiso sobubi bake
ngapambili kobuso bake, e za kuye
umazisi; mina Jehova ngo pendula ku-
ye ozayo njengobuningi bezitombe zake.
5 Ngenxa yokubamba indhlu ya se-
Israeli ngenhliziyo yabo, a ba zihluka-
nisa kimi bonke ngezitombe zabo.
6 Ngako yityo kuyo indhlu ya seIsra-
eli, ukuti Njalo i tyo iNkosi uJehova;
Pendukani ni buye kuzo izitombe zenu;
na kuko konke ukunengeka kwenu ma
ni pendule ubuso benu.
7 Ngokuba i lowo muntu wendhlu
ya seIsraeli, no wabafo o ya kuhlala
eIsraeli, o hlukana nami, e mise
enhliziyweni yake izitombe zake, e
beke isikubekiso sobubi bake ngapa-
mbili kobuso bake; e ze kuye umazisi
ukubuza kuye ngami; mina Jehova
ngo pendula kuye ngokwami.
8 Ngo ti ngi beke ubuso bami nga ku-
lomuntu, ngi m cite a be umbonelo, ne-
sikulumo, ngi m nqume pakati kwa-
bantu bami; ni ya kuti nazi ukuba
ngi nguJehova.
9 Futi uma umazisi e vuma ukuko-
hliswa nxa e kulumile izwi, mina Je-
hova ngi m yekile a kohliswe lomazisi;
ngi ya kuti ngi beke isandhla sami pezu
kwake, ngi m bubise pakati kwabantu
bami abaIsraeli.
10 Ba ya kutwala icala labo; njenge-
cala lobuzayo, njalo ko ba kona icala
lomazisi.
11 Ukuze a bendhlu ya seIsraeli ba
nga duki futi kuko ukungilandela
ba nga zingcolisi futi ngezipambeko
zonke zabo; kepa ba ya kuba kumina
abantu, ngi ya kuba ku bona uTixo, i
tyo iNkosi uJehova.
12 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi
lika Jehova lokuti.
13 Ndodana yomuntu, lapo izwe lonile
nga kimi ngokukohlisa ngenkohliso,
ngo ti ngi beke isandhla sami pezu
kwalo, ngi lwapule kulo uqobo lwe-
sinkwa, ngi tume indhlala pezu kwalo,
ngi nqume ku lona umuntu nesilwane.
14 Noma ku kona pakati kwalo lama-
doda amatatu uNoa noDanyeli noJobe, a
zo sindisa imipefumlo yawo yodwa ngo-
kulunga kwawo, i tyo iNkosi uJehova.
15 Nxa ngi dabulise isilo esibi ezweni,
senze li felwe abantwana, li ze li be
incitakalo, njengokuba a ka dhluli mu-
ntu ngenxa yesilo;
16 Noma ku kona pakati kwalo lamado-
da amatatu, kupila kwami, i tyo iNkosi
uJehova, a ka yi ku sindisa namado-
dana namadodakazi; wona odwa a ya
kusindiswa, kanti izwe lo ba incitakalo.
17 Noma mhlaumbe ngi zise inke-
mba pezu kwelizwe lelo, ngi ti, Nkemba,
dabula izwe; ngi ze ngi nqume ku lona
umuntu nesilo;
18 Noma ku kona pakati kwalo lama-
doda amatatu, kupila kwami, i tyo
iNkosi uJehova, a ka yi ku sindisa
amadodana namadodakazi, kepa wona
odwa a ya kusindiswa.
19 Noma mhlaumbe ngi tume isifo
pezu kwa lelozwe, ngi tele intukutelo
yami pezu kwalo ngegazi, ukunquma
kulo umuntu nesilwane;
20 Uma ku kona pakati kwalo uNoa
noDanyeli noJobe, kupila kwami, i tyo
iNkosi uJehova, a ba yi ku sindisa
nendodana nendodakazi; bona bodwa
ba ya kusindisa imipefumlo yabo ngo-
kulunga kwabo.
21 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova;
Kakulu kangakanana! uma ngi tume
izahlulo ezine zami ezimbi pezu kwe-
Jerusalema, inkemba, nendhlala, nesilo
esibi, nesifo ukunquma kulo umuntu
nesilwane.
22 Kepa bheka ko shiywa kulo uku-
sinda, bona a ba pumayo, amadodana
namadodakazi: bheka a ya kupumela
kini; no ti ni bone indhlela yawo, ne-
misebenzi yawo ni tokoziswe ngako
ukubi e ngi ku zisile pezu kweJerusale-
ma, ukuti konke e ngi ku zisile pezu
kwalo.
23 Futi wo ni tokozisa lapo ni bona
indhlela yawo nemisebenzi yawo; ni
ya kuti nazi ukuba a ngenzanga ngeze
konke e ngi kwenzile pakati kwalo, i
tyo iNkosi uJehova.

## ISAHLUKO 15.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jeho-
va kimi, lokuti,
2 Ndodana yomuntu, Umuti wesi-
nwazi u yini nga pezu kwemiti yonke,
igatya e li pakati kwemiti yehlati.
3 Ku ya kutatyatwa kuso umuti
ukwenza umsebenzi? ba zo tabata kuso
nesikonkwane ukupanyeka kuso isitya
nje na?
4 Bheka, si fakwa emlilweni si be
ukudhla kwawo; umlilo u ya dhla izi-
nxenye ezombili zaso, nokupakati kwa-
so ku hamukile: si ya kusiza ngomse-
benzi yini na?
5 Bheka, lapo si sa kona si pelele, a se-

nziwanga si be umsebenzi; kancane kangaka lapo umlilo u dhlile sona, u hamukile, si sa ya kwenziwa si be umsebenzi.
6 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; njengomuti wesinwazi pakati kwemiti yehlati, e ngi si nikele emlilweni si be ukudhla kwawo, njalo ngo nika abahlezi eJerusalema.
7 Ngi ya kuti ngi beke ubuso bami nga kubona; ba ya kupuma emlilweni, ko ti umlilo u ba dhle; ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova, lapo ngi beke ubuso bami nga ku bona.
8 Futi ngo beka izwe li be incitakalo, ngokuba benzile ngenkohliso i tyo iNkosi uJehova.

## ISAHLUKO 16.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.
2 Ndodana yomuntu, yazisa iJerusalema ukunengeka kwalo;
3 U tyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova kulo iJerusalema; Ukudabuka kwako, nokuzalwa kwako, ku be sezweni la seKanani, uyihlo u be umAmori, unyoko u be umHitikazi.
4 Kwa ti ekuzalweni kwako, ngosuku lokuzalwa kwako; inkaba yako a i sikwanga, a u hlanzwanga ngamanzi ukubukwa; futi a u hlikihlwanga umunyu, a wambatiswanga.
5 Iso a li banga nabubele kuwe, ukwenza kuwe into yaloku nayodwa, uku ku haukela; kanti wa pumiswa ebusweni bomhlabati ekudelekeni kompefumlo wako, ngosuku lokuzalwa kwako.
6 Kwa ti nga dhlula nga kuwe, nga ku bona u lahlelwe pansi kwezinyawo egazini lako; nga se ngi ti kuwe u segazini lako, Pila; yebo, nga ti kuwe u segazini lako, Pila.
7 Ngi kwenzile u be izinkulungwane njengamahlumela omhlabati, wandile wena, u kulile, futi u zile u vunulwe ngokuvunulwa; amabele ako a mi kuhle, nezinwele zako zi milile, kepa wa be u buqunu u butyelezi.
8 Kwa ti nga dhlula nga kuwe, nga ku bona, bhekake, isikati sako si be isikati sokutanda; nga ti ngeneka ingubo yami pezu kwako, nga sibekela ubuqunu bako; nga funga kuwe, ngenza uvumelwano nawe, i tyo iNkosi uJehova, wa ti wa ba owami.
9 Lapo nga ku hlanza ngamanzi, yebo nga geza igazi e li be kuwe, nga ku gcoba ngamafuta.
10 Nga kwembesa ingubo e nomfeketiso, nga faka izicatulo zesikumba zetahashi kuwe, nga binca ilineni elihle kuwe, nga ku sibekela ngesiliki.
11 Futi nga ku hloba ngezivunulo, nga faka amasongo ezandhleni zako, nomketengo entanyeni yako.
12 Nga faka nendandato empumulweni wako, namagenqeza ezindhlebeni zako, nomcwazi omuhle ekanda kuwe.
13 Wa ti wa hlotywa igolide nesiliva; nokwambata kwako kwa ku ilineni, nesiliki, nengubo enomfeketiso; wa dhla impupu ecolisileyo, nezinyosi, namafuta; wa u muhle kakulu impela, wa u fanele u be umbuso.
14 La ti igama lako la pumela ezizweni ngobuhle bako; ngokuba bu be pelele ngokuhlobisa kwami, e ngi be ngi fakile kona pezu kwako, i tyo iNkosi uJehova.
15 Kepa wa be u temba ebuhleni bako, wa pinga ngenxa yegama lako, wa telela bonke yilo edhluleyo ukupinga kwako, kwa ba kuye.
16 Futi wa tabata kuzo izambato zako, wa zenzela ezintabeni amatente a tungwa ngeziziba, wa pinga pezu kwawo, a kezi ukuhlala wona, a ku yi ku ba kona loku.
17 Futi wa tabata izivunulo ezihle zako zegolide lami, nesiliva lami e ngi ku nikile lona, wa zenzela ngazo izitombe zomlisa, wa pinga nazo,
18 Wa tabata nezambato zako e zi nomfeketiso, wa zambatisa; wa beka amafuta ami, nempepo yami pambi kwazo.
19 Nokudhla kwami e ngi ku nikile kona, nempupo ecolisileyo, namafuta, nezinyosi e ngi ku dhlisile ngako u ku bekile pambi kwazo ku be ipunga elimnandi, kwa ku njalo i tyo iNkosi uJehova.
20 Futi u tabatile amadodana ako namadodakazi ako o wa beletile kimi, u wa hlabile kuzo uku wa dhla; Kwa ku ncane lokukupinga kwako na,
21 Ukuti u bulele abantwana bami u nikile bona ukudabula umlilo ku zona?
22 Kepa ekunengekeni konke kwako, nasekupingeni kwako a u kumbulanga izinsuku zobungane bako, lapo wa u bunqunu u butyelezi u lahlewe pansi kwezinyawo egazini lako.
23 Ku tike emva kwako konke okubi kwako, maye, (maye kuwe! i tyo iNkosi uJehova.)
24 U zakele indhlu yokupinga, u ze-

nzele indawo epakamileyo ezindhleleni
zonke.
25 Wakile indawo yako epakamileyo
enhla nazo zonke izindhlela, wenzile
ubuhle bako bu deleke, u vulele izi-
nyawo zako ku yilowo odhluleyo, wa-
ndisile ukupinga kwako.
26 U pingile nabantwana ba seEgi-
pite abakelene nawe, aba kulu enya-
meni, wandisile ukupinga kwako uku
ngi cunula.
27 Bhekake, ngi bekile isandhla sami
pezu kwako, ngi ncipisile isabelo sako
sokudhla, ngi ku nikile kuwo umpe-
fumlo wabo aba ku zondayo, a ba ti
amadodakazi abaFilisti a namahloni
ngendhlela yako e ukwenakalisa.
28 Futi u pingile nabantwana ba se-
Asiria, ngokuba wa be u nge sute; yebo
u pingile nabo, wa be u nge sute futi.
29 Futi wandisa ukupinga kwako
ezweni la seKanani namaKaldea; wa u
nga suti nga loku nako.
30 I dangele kangakanani inhliziyo
yako, i tyo iNkosi uJehova, nga loku
wenza loku konke, o ku ukwenza kwe-
sifazana esipingayo, esibusayo.
31 Na nga loku waka indhlu yako
yokupinga enhla ezindhleleni zonke,
wenze izindawo zako ezipakamileyo ezi-
ndhleleni zonke.
32 Umfazi e yisipingi, esikunhleni
sendoda yake u ya tabata abafo!
33 Ba nika umvuzo kuzo izipingi
zonke; kanti wena u ya nika imivuzo
yako kubo abatandi bako bonke, u ba
pe ukuze ba ngene kuwe ekupingeni
kwako emacaleni onke.
34 Ku se kona kuwe oku pambene
nabafazi abanye ekupingeni kwako;
loku a kuko o landela wena ukupinga;
na nga loku u nika inkokelo, kepa inko-
kelo a i nikwa kuwe, ngako u pambene.
35 Ngako, Sipingi, yizwa izwi lika
Jehova.
36 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngo-
kuba imali yako ya telelwa, futi ubuze
bako ba zibukulwa ngokupinga kwako
nabatandi bako, na ngezitombe zonke
zokunengeka kwako, na ngokwezingazi
zabantwana bako o ba nikile kuzo.
37 Ngako, bheka, mina ngi ya ku
buta abatandi bonke bako, o tokozile
nabo, nabo bonke o ba tandileyo, kanye
nabo bonke o ba zondileyo; ngo ti ngi
ba bute nga kuwe ekuzungezeni, ngi
zibukule ubuze bako ku bona, ba bone
ubuze bonke bako.
38 Ngi ya kuti ngi kwahlule ngeza-
hlulelo zezipingi, nezabapalazi igazi;
futi ngo ku nika igazi lentukutelo, ne
lomona.
39 Futi ngo ku nika esandhleni sabo,
ba hlakaze indhlu yako yokupinga, ba
wise izindawo zako ezipakamileyo; ba
ya kuti ba ku hlubule ngezambato zako,
ba tabate izivunulo ezihle zako, ba ku
shiye u buqunu, u butyelezi.
40 Futi ba ya kukupulela pezu kwako
isixuku, ba ku kande ngamatye, ba ku
qobe ngezinkemba.
41 Bo ti ba tyise izindhlu zako ngo-
mlilo, benze izahlulelo pezu kwako
emehlweni esifazana esiningi; ba ku
yekise ukupinga, a u sa yi ku nika
nenkokelo.
42 Ngi ya kuti ngi pezise intukutelo
yami nga kuwe, nomona wami wo suka
pezu kwako, ngi tule, ngi nga tukuteli
futi.
43 Ngokuba a u kumbulanga izinsuku
zobungane bako, kepa u ngi tukutelisile
nga ko konke loku; bheka! minake
pela ngo pindisela indhlela yako pezu
kwekanda lako, i tyo iNkosi uJehova;
futi a u yi kwenza lobububi pezu ko-
kunengeka konke kwako.
44 Bheka bonke yilo e fanisayo wo
fanisa nga kuwe, ukuti, Indodakazi i
njengonina.
45 U yindodakazi ka nyoko wena, o
nenga indoda yake, nabantwana bake;
wena u ngudade wodade benu, a ba
nenga amadoda abo, nabantwana ba-
bo: unyoko u be umHitikazi, uyihlo u
be umAmori.
46 Udade omkulu wenu u iSamaria,
lona namadodakazi alo a hlezi ngeso-
kohlo sako; ku ti udade omncane wenu,
o hlezi ngesokunene sakó u iSodoma
namadodakazi alo.
47 Kepa a u hambanga njengezi-
ndhlela zabo, u ngenzanga na njengo-
kunengeka kwabo: njengokuba ku ne-
ngisa kancane loku, wenakalisile nge-
zindhlela zonke zako ku nabo.
48 Kupila kwami, i tyo iNkosi uJe-
hova, iSodoma udade wenu a lenzanga
lona namadodakazi alo njengaloku we-
nzile wena, namadodakazi ako.
49 Bheka bu be yilobu ububi bodade
wenu iSodoma; ukuzidhla, nokusuta
ukudhla, nokuzipumuza ngokudhlala
kahle kwa ba kulo, na kwamadodakazi
alo, a li qinisanga isandhla sompofu,
nodingayo futi.

50 Ba be nokuzidhla, benza ukunengeka pambi kwami, ngako nga ba susa, njenga loku e nga ku bonayo.

51 Futi iSamaria a lonanga ngokwenxenye yezono zako; kepa wena u pindisile ukunengeka kwako ku nabo, futi u lungisile udade wenu ngokunengeka konke kwako o kwenzileyo.

52 Wena o wahlulela kubo odade benu, pata nawe ihlazo lako njengezono zako o kwenzile ngazo okunengekile ku nabo, a ba lungile ku nawe; yebo ma u be namahloni, u pate ihlazo lako ngokulungisa kwako odade benu.

53 Ngo ti ngi buyise isitunjwa sabo, isitunjwa sa seSodoma namadodakazi alo, nesitunjwa sa seSamaria namadodakazi alo, nesitunjwa sabatunjwa bako pakati kwako.

54 Ukuze u pate ihlazo lako, u hlaziswe ngako konke o kwenzayo, ekubatokoziseni kwako.

55 Ko ti odade benu iSodoma namadodakazi alo, a buyele kokwabo kokuqala, neSamaria namadodakazi alo a buyele kokwabo kokuqala, wena nawe namadodakazi ako u buyela kokwenu kokuqala.

56 Kepa udade wenu iSodoma a ba nga nakuzwiwa ngomlomo wako ngosuku lokuzidhla kwako.

57 Lapo kwa ku nga ka bonakaliswa ububi bako, njengasesikatini sokujezisa amadodakazi a seAramu, nabo bonke aba li zungezayo, amadodakazi a seFilisti a ku delayo ekuzungezeni.

58 Wena u patile ukwenakalisa nokunengeka kwako, u tyo uJehova.

59 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngi ya kwenza kuwe njenga loku wenzile, u delile isifungo ukwapula uvumelwano.

60 Kepa ngo kumbula uvumelwano lwami nawe ngezinsuku zobutya bako, ngi mise kuwe uvumelwano olungunapakade.

61 Ko ti u kumbule izindhlela zako, u hlaziswe ekwamkeleni kwako odade wenu, omkulu kuwe nomncane kuwe; ngo ti ngi ku nike bona ba be amadodakazi, ku nge ngovumelwano lwako kodwa.

62 Ngi ya kuti ngi mise uvumelwano lwami kuwe; wazi ukuba ngi ngu-Jehova.

63 Ukuze u kumbule u be namahloni, ku nga bi kuwe futi ukukamisa umlomo ebusweni behlazo lako, uma ngi ku yekele ngako konke o kwenzileyo, i tyo iNkosi uJehova.

ISAHLUKO 17.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti,

2 Ndodana yomuntu, yenza inqandelo, u kulume isikulumo kuyo indhlu ya seIsraeli.

3 U tyo, ukuti, Njalo, i tyo iNkosi uJehova; Inqe elikulu, elikulu emapikweni, elide ekombeni, eli gcwele izimpape, e li be namabala, le za eLebanoni, la waka amaqabu esedari.

4 La pula isihloko samahlumela alo, la si yisa ezweni la seKanani, la si beka emzini yabatengi.

5 La tabata imbeu yezwe, la yi tela emhlabatini wembeu; la yi yisa ngasemanzini amaningi, la yi beka i be umnyezane.

6 Ya ti ya hluma, ya be ivini elenabayo elifupi, li misa amagatya alo nga ku lona, nezimpande zalo za zi pansi kwalo; la ti li be ivini, la veza amagatya, la pumisa amahlumela.

7 La ba kona nenqe elinye elikulu, elikulu emapikweni, elivama nezimpape; bhekake, lelivini loma la guqulela kulo izimpande zalo, la pumisela kulo namagatya alo, ukuze li netise lona kuyo insimu yokutyalwa kwalo,

8 La tyalwa emhlabatini ovundileyo ngasemanzini amaningi, ukuze li veze igatya, li hlanze ukudhla, li be ivini elihle.

9 Yityo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Li zo kula kahle na? a li yi ku domula izimpande zalo yini, li nqume isitelo si bune na? lo buna amaqabunga onke okumila kwalo, ku nge ngengalo enkulu, nabantu abaningi uku li fukula kuzo izimpande zalo.

10 Bhekake se li tyaliwe, lo kula kahle na? uma umoya wa sempumalanga u tyaya pezu kwalo, a li yi ku buna ngokubuna na? li zo buna ensimini yokumila kwalo.

11 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

12 Woza u tyo, kuyo indhlu epambeneyo, a nazi ukuba ku yini loku na? Yityo, ukuti, Bheka inkosi ya seBabulona se i zile eJerusalema, i tabatile inkosi yalo futi, nezikulu zalo, i zi zisile kulo eBabulona,

13 I bambile o wenzalo yenkosi, yenzile uvumelwano naye, i m zisile pa-

nsi kwesifungo futi, i bambile nabanamandhla bezwe.

14 Ukuze umbuso u be okotamekileyo, a nga zipakamisi; kepa a gcine uvumelwano lwayo, a me kulo.

15 Kepa wa hlubuka kuyo ngoku tuma izitunywa zake Egipite, a piwe amahashi nabantu abaningi. Wo kutalelani? wo zikulula o kwenza loku na? wo lwapula uvumelwano yena, a kululwe na?

16 Kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, endaweni yenkosi e m enzile inkosi, o dela isifungo sayo, o lw apula novumelwano lwayo, wo fa kuyo pakati kweBabulona isibili!

17 Futi uFaro a ka yi ku siza ngempi enkulu, na ngebandhla elikulu ngokuqonga udonga na ngokwaka inqaba ukunquma imipefumlo eminingi.

18 Ngokuba u delile isifungo ngokwapula uvumelwano, lapo pela wa be u nikile isandhla sake, kepa wenzile loku konke, a ka yi ku zikulula.

19 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Kupila kwami, isifungo sami a si delileyo, novumelwano lwami a lwapulileyo, ngo lu pindisela ekanda kuye isibili!

20 Ngo ti ngeneka ineta lami pezu kwake, wo badjwa esihibeni sami, ngi ya ku m yisa eBabulona mina, ngi ye ecaleni naye lapo, ngenkohliso yake, o wa kohlisa ngayo ngakimi.

21 Ko ti ababalekayo bake bonke, kanye nezigaba zonke zake zi we ngenkemba, futi abaseleyo bonke bo hlakazwa emimoyeni yonke; ni ya ku ti nazi ukuba mina Jehova ngi kulumile.

22 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngo tabata kuwo amaqabunga esedari elipakamileyo, ngi wa beke; ngo sapula isihloko samahlumela alo etambileyo, ngi li tyale entabeni ende epakamileyo:

23 Entabeni e ukupakama kwa seIsraeli, ngo li tyala; li veze igatya li hlanze isitelo, li be isedari elinamandhla; ko ti pansi kwalo ko hlala izinyoni zonke zezinhlobo zonke; etunzini lamagatya alo zo hlala.

24 Ku ya kuti yonke imiti yazi ukuba mina Jehova ngi ncipisile umuti opakamileyo, ngi kulisile umuti omfupi, ngi womisile umuti omanzi, ngenzile omileyo u hlanze; mina Jehova ngi kulumile ngi kwenzile.

## ISAHLUKO 18.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti;

2 Ku ngani ni kulume lesisikulumo ngezwe la seIsraeli sokuti. Obaba ba dhlile izinwazi ezimuncu, amazinyo abantwana a butyelezi?

3 Kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova a ku sa yi ku ba kini futi ukukuluma lesisikulumo eIsraeli.

4 Bheka imipefumlo yonke eyami yona; njengompefumlo wa oyise njalo nompefumlo wendodana, eyami yona: umpefumlo onayo wo fa wona.

5 Kepa uma umuntu e lungile, enze ukwahlula nokulunga,

6 E nga dhlanga ezintabeni, e nga pakamiselanga amehlo ake ezitombeni zendhlu ya seIsraeli, e nga ngcolisanga umkake o wakelene naye, e nga sondelanga kuso isifazana esiqakayo.

7 E nga hlupanga umuntu, e buyisile isibambiso secala, e ngamukanga ngokwamuka, e nikile isinkwa sake kuye olambile, e mbatisile o hambaze ngengubo;

8 E nga nikanga ngenzuzo, e nga tabatanga iseleko, e buyisile isandhla sake kubo ububi, enzile ukwahlula okufaneleyo pakati komuntu nomuntu;

9 E yile ngokwemiteto yami, e gcinile izahlulo zami ukwenza okufaneleyo; u lungile yena, wo pila ngokupila, i tyo iNkosi uJehova.

10 Kanti uma e zele indodana e ngumpangi, e palaza igazi, enza oku fana nokunye kwaloku,

11 E ngenzi na loku konke okufaneleyo, kepake e dhlile ezintabeni, e ngcolisile umkake o wakelene naye,

12 E hlupile ompofu nodingayo, e mukile ngokwamuka, e nga buyisanga isibambiso, e pakamisile amehlo ake kuzo izitombe, enzile ukunengeka,

13 E nikile ngenzuzo, e tabatile iseleko; wo pila ngako na? a ka yi ku pila: wenzile ukunengeka konke loku; u ya kufa mpela; igazi lake li ya kuba pezu kwake.

14 Bhekake uma e zele indodana, i ti i bone izono zonke zika yise a zenzileyo, uma i bone i ngenzi njengazo,

15 I nga dhlanga ezintabeni, i nga pakamisanga amehlo ayo ezitombeni zendhlu ya seIsraeli, i nga ngcolisanga umkake o wakelene nayo,

16 I nga hlupanga umuntu, i nga bopanga isibambiso, i ngamukanga ngokwamuka, i nikile isinkwa sayo kuye olambile, yambatisile yena ohambaze ngengubo,

17 I buyisile isandhla sayo kuye
ompofu, i nga tabatanga inzuzo nese-
leko, yenzile izahlulo zami, i hambile
emitetweni yami; a i yi ku fa ngoku-
pambeka kuka yise wayo, yo pila ngo-
kupila.
18 Uyise wayo ngokuba u hlupile
ngokuhlupa, wamukile umhlobo ngo-
kwamuka, wenzile loko o ku nga lu-
ngile pakati kwabantu bake, bhekake,
wo fa ekupambekeni kwake.
19 Kepa ni tyo, ukuti, ku ngani indo-
dana a i twali ukupambeka a kuka yise
na? Uma indodana yenzile ukwahlula
nokulunga, i gcinile nemiteto yonke, i
yenzile yona, yo pila ngokupila.
20 Umpefumlo onayo, wo fa wona.
Indodana a i yi ku twala ukupambe-
ka kuka yise, noyise a ka yi ku twala
ukupambeka kwendodana: ukulunga
kolungileyo ko ba pezu kwake, nokubi
komubi ko ba pezu kwake.
21 Kepa omubi uma e buya ezonweni
zonke zake a zenzileyo, e gcine imiteto
yonke yami, enze ukwahlula noku-
lunga, wo pila ngokupila, a ka yi ku fa.
22 Izipambeko zonke zake a zenzileyo
a zi yi ku kunjulwa nga kuye; ekulu-
ngeni kwake a kwenzileyo wo pila.
23 Ku ngukutanda yini ukuba ngi
fise ukufa komubi na? i tyo iNkosi
uJehova; ku nga bi ekubuyeni kwake
ezindhleleni zake, a pile na?
24 Kanti uma olungileyo e buya
ekulungeni kwake, enze okubi, enze na
njengokunengeka konke omubi a kwe-
nzayo, wo pila na? Ukulunga konke
a kwenzileyo a ku yi ku kunjulwa;
ekukohliseni kwake a kohlisile ngako,
nasekoneni kwake onile ngako, wo fa.
25 Kepa ni ti, Indhlela yeNkosi a i
lingani. Yizwanike Ndhlu ya seIsra-
eli; indhlela yami a i lingani na? e nga
ti izindhlela zenu a zi lingani na?
26 Ekubuyeni kolungileyo kuko uku-
lunga kwake enze okubi, a fe kuko;
ebubini bake a benzileyo wo fa.
27 Kanti ekubuyeni komubi ebubini
bake a benzileyo, enze ukwahlula noku-
lunga, umpefumlo wake wo pila wona.
28 Ngokuba wa bona, wa buya kuzo
zonke izipambeko zake a zenzileyo, wo
pila ngokupila, a ka yi ku fa.
29 Kepa indhlu ya seIsraeli, i ti,
Indhlela yeNkosi a i lingani. A zi
lingani izindhlela zami Ndhlu ya se-
Israeli na? e nga ti izindhlela zenu a
zi lingani na?
30 Ngako ngo nahlula nina Ndhlu ya
seIsraeli yilomuntu njengezindhlela za-
ke, i tyo iNkosi uJehova. Pendukani
ni buye kuzo zonke izipambeko zenu;
ukuze okubi ku nga bi ukubujiswa
kwenu.
31 Lahlani kini izipambeko zonke
zenu e ni pambekile ngazo, ni zenzele
inhliziyo entya, nomoya omutya: ngo-
kuba no fa ngani, Ndhlu ya seIsraeli na?
32 Ngokuba a ngi yi ku tokoza eku-
feni kofayo, i tyo iNkosi uJehova: nga-
ko buyani ni pile.

## ISAHLUKO 19.

FUTI patela wena izikulu za seIsraeli
isililo,
2 U tyo, ukuti, Unyoko u yini na?
Ingonyamakazi; ya lala pansi pakati
kwezingonyama, ya kulisa amaundhlu
ayo pakati kwezingonyama ezitya.
3 Ya ti ya kulisa elinye lamaundhlu
ayo; la ba ingonyama entya, ya funda
ukubamba impango, ya dhla abantu.
4 Kwa ti izizwe ze zwa ngayo, ya
badjwa emgodini wazo, za yi yisa
ezweni la seEgipite ngamasongo empu-
mulo azo.
5 Kwa ti se i bone ukuba ya libaziswa,
itemba layo la buba; ya se i tabata
elinye lamaundhlu ayo, ya li beka li
be ingonyama entya.
6 Ya ti ya zihambela pakati kwezi-
ngonyama, ya ba ingonyama entya, ya
funda ukubamba impango, ya dhla
abantu.
7 Futi yazi izigodhlo ezicitwayo zayo,
ya cita imizi yona; li citakele nezwe
nokugcwala kwalo, ngezwi lokukala
kwayo.
8 Lapo izizwe za pambana nayo zi
vela emazweni a zungezayo, zeneka ine-
ta lazo pezu kwayo; ya badjwa emgo-
dini wazo.
9 Za ti za yi beka endhlini yokubo-
pela emasongweni empumulo, za yi yisa
enkosini ya seBabulona; za yi yisa ezi-
nqabeni, ukuze izwi layo li nga zwiwa
futi ezintabeni za seIsraeli.
10 Unyoko u njengesinwazi, egazini
lako, si tyaliwe ngasemanzini; sa ba ne-
zinhlamvu, namagatya, ngawo amanzi
amaningi.
11 Sa ti sa ba nezinti zamandhla izi-
ntonga zababusayo, futi ukudepa kwa-
so ku pakeme pakati kwamahlamvu, sa
ti sa bonakala ekupakameni kwaso, si
nokuvama kwamahlahla.

12 Kepa sa donyulwa ekutukuteleni,
sa wiswa pansi emhlabatini; kwa ti
umoya wempumalanga womisa isitelo
saso: kwapuka koma uti lwamandhla
aso; umlilo wa si dhla.
13 Kalokuke si tyaliwe ehlane, ezweni
elomileyo eligagadekileyo.
14 Umlilo u pumile kulo uti lwama-
gatya aso, u dhlile isitelo saso; futi aluko
kuso uti lwamandhla lu be intonga yo-
kubusa. Yilesi isililo, si ya ku ba e sesi-
lilo sona.

## ISAHLUKO 20.

KWA ti ngomnyaka wesikombisa,
ngenyanga yesihlanu, ngosuku lwe-
shumi lwenyanga, kweza abatile baba-
ntu abadala ba seIsraeli ukubuza kuJe-
hova, ba ti ba hlala pambi kwami.
2 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika
Jehova, lokuti,
3 Ndodana yomuntu, kuluma kubo
abadala ba seIsraeli, u tyo ku bona, uku-
ti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Se ni
ze ukubuza kimi na? Kupila kwami,
a ngi yi ku buzwa inina, i tyo iNkosi
uJehova.
4 Wo ba tetelela na? wo ba tetelela
ndodana yomuntu na? ma u bazise
ukunengeka koyise babo.
5 U tyo ku bona ukuti, Njalo i tyo
iNkosi uJehova; Ngosuku e nga m keta
uIsraeli ngalo, nga pakamisa isandhla
sami kuyo inzalo yika Jakobe, ngaziwa
kubo ezweni la sEgipite, nga pakamisa
isandhla sami kubo, ukuti, Ngi nguJe-
hova uTixo wenu;
6 Ngosuku lolo e nga pakamisa ngalo
isandhla sami kubo, uku ba pumisa
ezweni la sEgipite be ze ezweni e ngi
be ngi li hlolele bona, eli nobisi ne-
zinyosi, eli ubuhle lona kuwo onke
amazwe.
7 Lapo nga ti kubona, Lahlani kini
yilomuntu ukudineka kwamehlo ake, ni
nga zingcolise ngezitombe za sEgipite;
ngi nguJehova uTixo wenu.
8 Kepa ba hlubuka kimi be nga vumi
ukulalela kimi; a ba lahlanga yilomu-
ntu ukudineka kwamehlo ake, a ba ye-
kanga izitombe za sEgipite: lapo nga ti,
Ngo tela intukutelo yami pezu kwabo,
ukupelelisa ulaka lwami kubo pakati
kwezwe la sEgipite.
9 Kodwa nga sebenza ngenxa yegama
lami, funa li ngcoliswe emehlweni ezi-
zwe, a ba kona pakati kwazo, e ngaziwa
kubona emehlweni azo, ngokubapumisa
ezweni la sEgipite.
10 Nga ti nga ba pumisa ezweni la
sEgipite, nga ba zisa ehlane.
11 Nga ba nika imiteto yami, nga ba-
zisa izahlulelo zami, a ya kupila ngazo
lomuntu o zenzayo.
12 Nga ba nika amasabata ami a
be umboniso pakati kwami nabo, uku-
ze bazi ukuba ngi nguJehova e ngi ba
hlanzisayo.
13 Kanti abendhlu ya seIsraeli ba hlu-
buka kimi ehlane; a ba hambanga emi-
tetweni yami, ba dela izahlulelo zami, a
ya kupila ngazo lomuntu o zenzayo;
futi ba ngcolisa kakulu amasabata ami:
lapo nga ti ngo tela intukutelo yami pezu
kwabo ehlane, uku ba qeda.
14 Kodwa nga sebenza ngenxa yegama
lami, funa li ngcoliswe emehlweni ezi-
zwe, e nga ba pumisa emehlweni azo.
15 Nga tike nga pakamisa isandhla
sami ku bona ehlane, ngi nge ze nga ba
zisa ezweni e ngi ba nika lona eli nobi-
si nezinyosi, eli ubuhle kuwo onke ama-
zwe;
16 Ngenxa yokuba ba dela izahlulelo
zami, a ba hambanga emitetweni yami,
ba ngcolisa amasabata ami: ngokuba
inhliziyo yabo ya hambela izitombe.
17 Noko iso lami la dabuka ngabo
ukuze ngi nga ba bubisi, futi a ngi ba
qedanga ehlane.
18 Kanti nga ti kubantwana babo
ehlane, Ni nga hambi emitetweni ya
oyihlo benu, ni nga laleli kuzo izahlule-
lo zabo ni nga zingcolisi ngezitombe
zabo.
19 Mina ngi nguJehova uTixo wenu;
hambani emitetweni yami, ni lalele
kuzo izahlulelo zami, ni zenze:
20 Nenze a be ngcwele amasabata ami;
ko ti a be umboniso pakati kwami nani,
ukuze nazi ukuba ngi nguJehova uTixo
wenu.
21 Kanti abantwana ba hlubuka ki-
mi; a ba hambanga ezahlulelweni zami,
a ba lalelanga, ukuzenza, a ya kupila
ngazo lomuntu o zenzayo; ba ngcolisa
amasabata ami: lapo nga ti, Ngo tela
intukutelo yami pezu kwabo, uku pele-
lisa ulaka lwami kubo ehlane.
22 Noko nga buyisa isandhla sami,
nga sebenza ngenxa yegama lami, funa
li ngcoliswe emehlweni ezizwe, e ngi ba
pumisa emehlweni azo.
23 Futi nga pakamisa isandhla sami
kubo ehlane, uku ba hlakaza ezizweni,
noku ba sabalalisa emazweni:
24 Ngokuba ba be be ngenzanga iza-

hlulelo zami, futi ba be be delile imiteto
yami; ba be be ngcolisile namasabata
ami, namehlo abo a be e landela izito-
mbe za oyise babo.
25 Yeboke nga ba nika imiteto e nga
lungile, nezahlulelo a ba nga yi ku pila
ngazo:
26 Futi nga ba ngcolisa eminikelweni
yabo ekudabuliseni kwabo emlilweni
bonke yilo wamazibulo, ukuze ngi ba
cite, ba ze bazi ukuba ngi nguJehova.
27 Ngako kuluma kuyo indhlu ya se-
Israeli, Ndodana yomuntu, u tyo kubo,
ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova;
Oyihlo benu ba ngi fenyise futi nga loku,
ba kohlisile ngoku ngi kohlisa.
28 Lapo nga be ngi ba zisile ezweni, e
nga pakamisa isandhla sami uku ba nika
lona, ba se be bona zonke izintaba ezi-
pakamileyo, nayo yonke imiti ehlange-
neyo, ba hlaba lapo ezihlatyelweyo zabo,
na lapo ba nika kona isicunulo somnike-
lo wabo: ba beka nalapo impepo emna-
ndi yabo, ba telela kona iminikelo yo-
kupuzwa.
29 Lapo nga ti ku bona, Ku yini inda-
wo epakamileyo lapo ni za kona? Li ti
igama layo li bizwa iBama ku ze ku be
namhla.
30 Ngako yityo kuyo indhlu ya se-
Israeli, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ni
ngcolisile yini ngokwezindhlela za oyi-
hlo benu na? futi ni ya pinga yini ngo-
kulandela ukudineka kwabo na?
31 Ngokuba ekuleteni izipo, ekudhlu-
liseni kwenu abantwana benu emlilwe-
ni, ni ya zingcolisa ngezitombe zonke
zenu ku ze ku be namhla: po ngi zo bu-
zwa inina Ndhlu ya seIsraeli na? kupi-
la kwami, i tyo iNkosi uJehova a ngi
yi ku buzwa inina.
32 Futi loku oku ngenayo enhliziweni
yenu, a ku sa yi ku ba kona, e ni ku tyoyo
ukuti, So ba njengezizwe njengeminde-
ni yamazwe, ukukonza umuti netye.
33 Kupila kwami, i tyo iNkosi
uJehova, ngesandhla esi namandhla, na
ngengalo eluliweyo, na ngentukutelo
etelelweyo, ngo busa pezu kwenu isi-
bili:
34 Ngi ya kuti ngi ni pumise kubantu,
ngi ni bute kuwo amazwe e ni hlakazi-
we kuwo, ngesandhla esi namandhla, na
ngengalo eluliweyo, na ngentukutelo
etelelweyo.
35 Ngo ti ngi ni zise ehlane labantu,
na lapo ngo ya ecaleni kanye nani ubu-
so nobuso.
36 Njengaloko nga ya ecaleni noyihlo
benu ehlane lezwe la sEgipite, njalo ngo
ya ecaleni nani, i tyo iNkosi uJehova.
37 Ngi ya kuti ngi ni yise pansi kwe-
ntonga, ngi ni zise ekubotyweni kovu-
melwano.
38 Futi ngo hlukanisa kini abahlubu-
ki, nabapambekayo kimi; ngi ba pu-
mise ezweni lokuhlala kwabo; a ba yi
ku za emhlabatini wa seIsraeli bona;
ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJe-
hova.
39 Kepa nina Ndhlu ya seIsraeli, nja-
lo i tyo iNkosi uJehova; ukuti, Ha-
mbani nina ni konze ilomuntu izitombe
zake, na ngasemuva, uma a kuko kini
ukulalela kimi: kodwa a ni zo ngcolisa
futi igama lami eliyingcwele ngezipo
zenu, na ngezitombe zenu.
40 Ngokuba entabeni yami eyingcwe-
le, entabeni yokupakama kwa seIsraeli,
i tyo iNkosi uJehova, lapo ba ya ku ngi
konza bonke abendhlu ya seIsraeli, ku
be kona bonke impela abasezweni: na-
lapo ngi ya ku bamkela, nalapo ngo
biza iminikelo yenu, nezihloko zezipo
zenu, nako konke okuyingcwele kwenu.
41 Ngo namkela nempepo emnandi
lapo ngi ni pumisa kubantu, ngi ni bute
kuwo amazwe e ni hlakaziwe kuwo;
ngi ya ku ti ngenziwe ngcwele kini
emehlweni ezizwe.
42 Futi ni ya kwazi ukuba ngi nguJe-
hova, lapo ngi ni zise emhlabatini wa
seIsraeli, ezweni e nga pakamisa isa-
ndhla sami uku nika lona kubo oyihlo
benu.
43 No ti ni kumbule lapo izindhlela
zenu, nezenzo zenu zonke e ni ngcoliswe
kuzo; ni ya ku dineka emehlweni enu
futi ngokubi konke e ni kwenzileyo.
44 Ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJe-
hova lapo ngenzile kini ngenxa yegama
lami, ku nga bi njengezindhlela ezimbi
zenu, na njengezenzo zenu ezizondekile-
yo, Ndhlu ya seIsraeli, i tyo iNkosi uJe-
hova.
45 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Je-
hova kimi loku ti.
46 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso
bako ngendhlela ya seningizimu, u shu-
mayele ngasezansi, wazise nga kulo
ihlati la seningizimu:
47 U tyo kulo ihlati la seningizimu,
yizwa izwi lika Jehova; Njalo i tyo
iNkosi uJehova; Bheka mina ngo pemba
umlilo pakati kwako, wo dhla wona ku-
we imiti yonke emanzi, nemiti yonke

eyomileyo: ilangabi elivutayo a li yi
ku cima, ko ti ku hamulwe kulo ubuso
bonke ba seningizimu nenyakato.
48 Futi inyama yonke yo bona ukuba
mina Jehova ngi wu basile; a u yi ku
cima.
49 Lapo nga ti Au! Nkosi Jehova,
ba tyo kimi, ukuti, A ka fanekisi nge-
zifaniso yena na?

## ISAHLUKO 21.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jeho-
va kimi lokuti,
2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso
bako kulo iJerusalema, u tele izwi kuko
okuyingcwele, wazise nga kulo izwe la
seIsraeli;
3 U tyo kulo izwe la seIsraeli, ukuti,
Njalo u tyo uJehova; Bheka mina ngi
melene nawe, ngo ti ngi koke inkemba
yami esikwameni sayo, ngi nqume ku-
we olungileyo nomubi.
4 Ngenxa yokuba ngi ya kunquma
kuwe olungileyo nomubi, nga loku inke-
mba yami yo puma esikwameni sayo
nga pezu kwenyama yonke ku pume
eningizimu ku ye enyakato.
5 Ko ti inyama yonke i ya kwazi
ukuba mina Jehova ngi kokile inkemba
yami esikwameni sayo; i nga yi ku
buya futi.
6 Kepa wena Ndodana yomuntu, ma u
lingoze ngokudabuka kokalo lwako; na
ngomunyu wo lingoza emehlweni abo.
7 Ku ya kuti uma be tyo kuwe, uku-
ti, U lingozelani na? lapo wo pendu-
la, Ngembiko ngokuba i ye za; ko ti
izinhliziyo zonke zi ncibilike, neza-
ndhla zonke zo dangala, nemimoya yo-
nke yo saba, namadolo onke o gu-
quka amanzi; bheka i ye za, i ya kwe-
nziwa, i tyo iNkosi uJehova.
8 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jeho-
va kimi lokuti.
9 Ndodana yomuntu, yazisa, u tyo
ukuti, Njalo u tyo uJehova; Yi tyo
ukuti, Inkemba, inkemba i loliwe, i ku-
hluziwe:
10 I lolelwe ukubulala ngokubulala; i
loliwe ukuze i be nokukazimula: si
ngetaba na? uti lwendodana yami, lu
dela imiti yonke.
11 U te u yi nikele uku yi kuhluza,
ukupata ngesandhla; yona inkemba i
loliwe, yona i kuhluziwe uku yi nike-
zela esandhleni sombulali.
12 Kala u lile, Ndodana yomuntu:
ngokuba i ya kuba pezu kwabantu bo-
nke, i ya kuba pezu kwezikulu zonke
za seIsraeli; zi sa lahlelwa enkembeni
kanye nabantu bami, ngako tyaya eta-
ngeni lako.
13 Ngokuba u ya lingwa, kepa ko ba
ini, a u yi ku ba umndeni odelayo futi
na? i tyo iNkosi uJehova.
14 Kepa wena Ndodana yomuntu, ya-
zisa, u tyaye isandhla pezu kwesandhla,
inkemba ma i pindwe okwesitatu, inke-
mba yabahlatyiweyo; yona i inkemba
yabahlatyiweyo abakulu e ba vimbe-
zelayo.
15 Ukuze inhliziyo i ncibilike, nezi-
kubekiso zande, ngi bekile ukukazimula
kwenkemba nga kuwo onke amasango
abo; au! yenziwe i kazimule, i songe-
lwe ukubulala.
16 Hlangana ngesokunene, qapela
ngesokohlo, lapo ubuso bako bu komba
kona.
17 Futi minake ngo tyaya isandhla
pezu kwesandhla, ngi pumuze intuku-
telo yami; Mina Jehova ngi tyilo.
18 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Je-
hova kimi, lokuti.
19 Wenake Ndodana yomuntu, bhekisa
kuwe izindhlela ezimbili, ukuze ku fike
inkemba yenkosi ya seBabulona; ezi-
mbili zo puma kulo izwe linye; kepa
ma u zenzele indawo, u zenzele esihlo-
kweni sendhlela yomuzi.
20 Misa indhlela ukuze inkemba i
ze eRabati lamadodana kaAmoni, na
kuJuda eJerusalema eli inqaba.
21 Ngokuba inkosi ya seBabulona ye
ma ngasekuhlukaneni kwendhlela, nga-
sesihlokweni ezindhleleni ezimbili,
ukubula ngokubula; i ya zamazisa imi-
sebe, i buze izitombe, i beke esibi-
ndini.
22 Kwesokunene sake kwa ba kona
ukubula ngeJerusalema, ukubeka izi-
nqama zokubeta, ukukamisa umlomo
ngokubanga umsindo, ukupakamisa izwi
ngenxokozelo, ukubeka izinqama zoku-
beta ngasemasangweni, ukuqonga udo-
nga, nokwaka inqaba.
23 Ko ti ku be kubo ukubula oku ize
emehlweni abo, kubo a ba funga izi-
fungo: kepa yena u kumbuza okubi
ukuze ba banjwe.
24 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova;
Ngokuba nenze ku kunjulwe okubi kwe-
nu, ekubonakaliseni kwezono zenu, zi
bonwe izono zenu emisebenzini yonke
yenu; ngokuba ni sa kumbula, ni zo
banjwa ngesandhla.

25 Nawe nkosi ya seIsraeli engcolileyo embi, usuku lwako se lu fikile, esikatini okubi ku nokupela ngaso.

26 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Susa umshuqulo wetule umcwazi; lo a si wo wona, ukupakamisa otobekileyo noku tobisa opakamileyo.

27 Ukugumbuqela, ukugumbuqela, ukugumbuqela ngo ku beka; futi loku a ku yi ku ba kona, a ze a fike yena o kwahlula ku kuye; ngo ti ngi m nike kona.

28 Kepa wena Ndodana yomuntu, yazisa u tyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova ngamadodana a seAmoni, na ngehlazo lobo; yityo pela, Inkemba, inkemba ekokiweyo; ngokubulala i kuhluziwe ukuqeda ngenxa yokukazimula.

29 Ekuboneni kwako oku ize, ekubuleni kwako oku namanga, uku ku nikela ezintamweni zabahlatywayo ababi, abosuku lwabo se lu fikile, esikatini okubi ku nokupela.

30 Yi buyisele esikwameni sayo, Ngo kwahlula endaweni lapo wa dalwa kona, ezweni lokuzalwa kwako.

31 Ngo telela pezu kwako intukutelo yami; emlilweni wolaka lwami ngo futa pezu kwako, ngi ku nike esandhleni sabantu aba nolaka, abalumbi bokububisa.

32 Wena wo ba ukudhla kuwo umlilo; igazi lako li ya kuba pakati kwezwe; a u yi ku kunjulwa; ngokuba mina Jehova ngi tyilo.

## ISAHLUKO 22.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Kepa, wena Ndodana yomuntu, wo wahlula, wo wahlula umuzi wezingazi na? yebo, wo kwazisa wona konke ukunengeka kwawo.

3 Wo ti u tyo ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, Umuzi u ya palaza igazi pakati kwawo, ukuze isikati sawo si fike, wenze nezitombe ngakuwo ukuzingcolisa.

4 Ngegazi lako o li palazileyo u pansi kwecala; u zingcolisile na ngezitombe zako o zenzileyo; u sondezile nezinsuku zako, u fikile nasemnyakeni wako; nga loku ngi ku nikile u be ukudelwa kuzo izizwe, u be nokuhlekiswa kuwo amazwe onke.

5 Aba seduze, naba kude nawe ba ya ku hlekisa wena, o ngcolile ngegama, o gcwele ukukatazeka

6 Beka izikulu za seIsraeli za ba pakati kwako ilesi emandhleni aso ukupalaza igazi.

7 Ba delile uyise nonina kuwe; benzile ukwamuka kumfokazi pakati kwako; inkedama nomfelokazi ba ba hlupile kuwe.

8 Okuyingcwele kwami u ku delile, namasabata ami u wa ngcolisile.

9 Ba kona kuwe abantu abancetezayo ukuze ba palaze igazi; futi aba kuwe ba ya dhla ezintabeni; ba ya kwenza okubi pakati kwako.

10 Ba hlubule ubuze buka yise kuwe; ba m tobisile yena ongcolileyo ngokuqaka kuwe.

11 Futi umuntu wenzile ukunengeka nomfazi wowakelene naye, nomunye u ngcolisile umalukazana wake ngokwenza kabi, nomunye o kuwe u tobisile udade wabo indodakazi kayise.

12 Ba tabatile umvuzo kuwe ukuze ba palaze igazi; u tabatile inzuzo neseleko, u pangile abakelene nawe ngokwamuka, futi u ngi kohlile i tyo iNkosi uJehova.

13 Bhekake ngi tyayile isandhla sami ngokupanga kwako o kwenzileyo, na ngenxa yegazi e be li kona pakati kwako.

14 Inhliziyo yako i ngema, nezandhla zako zi nga qina ngezinsuku e ngenzana nawe ngazo na? mina Jehova ngi kulumile, ngi ya kwenza belu.

15 Ngo ti ngi ku hlakaze pakati kwezizwe, ngi ku sabalalise emazweni, ngi pelise ubuncola bako kuwe.

16 Futi wo wabela amafa pakati kwako emehlweni ezizwe, wazi ukuba ngi nguJehova.

17 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

18 Ndodana yomuntu, indhlu ya seIsraeli i be kimi inyele; bona bonke ba yitusi, netine, nensimbi, nomtofu pakati kwesitando; ba inyele lesiliva bona.

19 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; ngokuba ni ze nina nonke ni be inyele, ngako bheka, mina ngo ni hlanganisa ngapakati kweJerusalema.

20 Njengokubutana kwesiliva, netusi nensimbi, nomtofu nokete ngapakati kwesitando ukufutela umlilo pezu kwawo, uku wa ncibilikisa; njalo ngo ni buta ngolaka lwami, na ngokuvuta kwami, ngi ni shiye ngi ni ncibilikise.

21 Yebo ngo ni buta, ngi futele pezu kwenu emlilweni wentukutelo yami, ni ya kuncibilikiswa pakati kwawo.

22 Njengaloku isiliva li ya ncibilikiswa pakati kwesitando, njalo nina no ncibilikiswa pakati kwawo; ni ya ku ti nazi ukuba mina Jehova ngi telile ukuvuta kwami pezu kwenu.

23 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, ukuti.

24 Ndodana yomuntu, yityo kulo ukuti, Wena u yizwe eli nga hlanzwanga, lona a li linelwangwa ngosuku lolaka.

25 Ku kona ukucebana kwabazisi balo pakati kwalo, njengengonyama egwavumayo, i ya halela impango; ba dhlile imipefumlo; ba tabatile ingcebo namagugu; ba wandisile amadikazi alo pakati kwalo.

26 Abateteleli babo ba wapula umteto wami, ba ngcolisile okuyingcwele kwami: a ba hlukanisanga pakati kokuyingcwele noku nge ngcwele, a benzanga ukwahluka pakati, kokungahlanzeki nokuhlanzekileyo, ba fihlile amehlo abo kuwo amasabata ami, ngi ngcolisiwe pakati kwalo mina.

27 Izikulu zalo pakati kwalo zi njengezimpisi zi halela impango, uku palaza igazi, noku bubisa imipefumlo, ukupanga impango.

28 Ba ti abazisi balo ba zi nindile ngodaka olu nga vutwayo, be bona oku ize, be bula amanga kubona, be ti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, kanti uJehova a ka tyongo.

29 Abantu bezwe ba hlupile ngokuhlupa, bamukile ngokwamuka; Yebo ba hlupile ofikileyo ku nge ngokulunga.

30 Nga ti nga funisisela umuntu wabo o biya utango, e mi esikaleni pambi kwami ngasezweni, funa li citwa; kanti a ngi fumananga.

31 Kepa ngi telile pezu kwabo ulaka lwami; ngi ba qedile ngomlilo wentukutelo yami: ngi pindisele indhlela yabo pezu kwamakanda abo, i tyo iNkosi uJehova.

ISAHLUKO 23.

KWA ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

2 Ndodana yomuntu, za ba kona izifazana ezibili, amadodakazi omfazi munye;

3 Za ti za pinga, Egipite; za pinga ebutyeni bazo; lapo za donsa amabele azo, na lapo za cindezela imibele yokutomba kwazo.

4 A ti amagama azo a be uAhala o yisikulu, noAholiba udade wabo; za be zi ezami zona, za ti za zala amadodana namadodakazi, A ti amagama azo a iSamaria uAhala, neJerusalema uAholiba.

5 Wa ti, uAhala wa pinga e se owami; wa kanukela abatandi bake, a ba ti, aba seAshuri aba seduze naye.

6 Be gqoka okuluhlaza ababusi nezinduna, amadoda amatya a mahle onke, izinkweli zi kwele emahashini.

7 Yena wa nika ukupinga kwake ku bona, bonke abahle bamadodana ba seAshuri, na ngabo bonke a ba kanukelayo yena; na ngazo zonke izitombe wa zingcolisa.

8 Futi ukupinga kwake kwa sEgipite a ka ku yekanga; ngokuba ba lala naye ebutyeni bake, bona ba cindezela imibele yokutomba kwake, ba tela ukupinga kwabo pezu kwake.

9 Ngako ngi m nikile esandhleni sabatandi bake, esandhleni sabaAshuri a ba kanukelayo yena.

10 Bona ba hlubula ubunqunu bake; ba tabata amadodana ake namadodakazi ake, kepa ba bulala yena: wa ba negama pakati kwabafazi; ba kwenza ukwahlula pezu kwake.

11 Lapo udade wabo uAholiba wa bona, wa ngcolisa ukukanuka kwake ku naye, nokupinga kwake nga pezu kokupinga kuka dade wabo.

12 Wa kanukela amadodana a seAshuri, ababusi nezinduna ezi seduze naye, be gqoke okuhle impela; izinkweli zi kwele emahashini, amadoda amatya amahle onke.

13 Nga se ngi bona ukuba wa zingcolisa, indhlela inye i be kubo bobabili.

14 Futi wa pinda ukupinga kwake; wa ti wa bona amadoda a fanekiswa odongeni imifanekiso yabaKaldea be fanekiswa ngebomvu.

15 Be binca izibopo okalweni lwabo, be vama nemishuqulo e namabala, ngokomkuba wamadodana a seBabulona eKaldea, izwe lokuzalwa kwabo.

16 Wa ti ukubona ngamehlo ake, wa kanukela bona, wa tuma izigijimi kubo eKaldea.

17 Kepa amadodana a seBabulona e za kuye okukweni lotando, a m ngcolisa ngokupinga kwawo, wa ti wa ngcoliswa iwo, wa ti umpefumlo wake wa hlukaniswa kuwo.

18 Wa bonisa ukupinga kwake yena, wa bonisa nobunqunu bake; kwa ti umpefumlo wami wapulwa kuye njengaloko umpefumlo wami wapulwa kuye udade wabo.

19 Kepa wandisa ukupinga kwake, ngokukumbula izinsuku zobutya bake, e be e pingile ngazo ezweni la sEgipite.

20 Wa ti wa kanukela abatandi bake a benyama yabo i yinyama yezimbongolo, nokutela kwabo ku ukutela kwamahashi.

21 U ti u kumbula ukwenakala kobutya bako, ekucindezeleni Egipite imibele ngenxa yamabele obutya bako.

22 Ngako, Aholiba, njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina, ngi ya kuvusa abatandwa bako ngakuwe, umpefumlo wako u hlukaniswe kubo, ngi ya ku ba zisa pezu kwako ekuzungezeni.

23 Amadodana a seBabulona nabaKaldea bonke, uPekodi, noShoa noKoa, onke amadodana ka Ashuri kanye nabo; amadoda amatya amahle onke, abakulu, aba nodumo, abakwele emahashini bonke.

24 Ba ya kuti be ze ngakuwe be nezikali, nezincwele, namasondo, nebandhla labantu, ba mise ngakuwe ngasekuzungezeni isihlangu nehau nesigqoko; ngo beka pambi kwabo ukwahlula, ba kwahlule njengokwahlula kwabo.

25 Ngo ti ngi beke umona wami nga kuwe, ba ku pate ngokuvuta, ba suse impumulo yako nezindhlebe zako; insali yako i ya kuwa ngenkemba, ba tabate amadodana ako namadodakazi ako; nokuseleyo kwako ko dhliwa umlilo.

26 Ba ya kuhlubula izambato zako, ba tabate izivunulo zokuhloba kwako,

27 Ngo ti ngi pelise ukonakala kwako nokupinga kwako okwasezweni la sEgipite: a u yi ku pakamisa amehlo ako kuko, u nga kumbuli iEgipite futi.

28 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngo ku nikela esandhleni sake o m zondayo, esandhleni sabo umpefumlo wako u hlukanisiwe kubo.

29 Bo ti ba ku pate ngenzondo, ba tabate inzuzo yako yonke, ba ku shiye u ze, yebo uze; ubuze bokupinga kwako bo hlubulwa, yebo ukonakala kwako, nokupinga kwako.

30 Ngi za kwenza loku kuwe ngokuya kwako emva kwezizwe ukupinga, ngokuba u ngcoliswe ngezitombe zazo.

31 U hambile ngendhlela yodade wenu, ngi ya kuti ngi nike umkele wake esandhleni sako.

32 Njalo i tyo iNkosi uJehova wo puza umkele wodade wenu ukujula nobubanzi bawo: wo ba nokuhlekwa nokulaulelwa; kukulu ukupatwa.

33 Wena wo gcwaliswa ukudakwa nokudabuka, umkele wokusabeka nokuciteka, umkele wodade wenu iSamaria.

34 Wena wo puza wona, u wu kotuluza u hlafune izihlepu, u hlepule amabele ako; ngokuba mina ngi kulumile i tyo iNkosi uJehova.

35 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova, ngokuba u ngi kohlile u ngi lahlile emva komhlana wako, ngakoke pata wena ukonakala kwako nokupinga kwako.

36 Lapo uJehova wa tyo kimi ukuti; Ndodana yomuntu, wo mahlula uAhala noAholiba na? ba bonise pela ukunengeka kwabo.

37 Ngokuba ba pingile, igazi li sezandhleni zabo, ba pingile nezitombe zabo, futi amadodana abo a ba wa zele kimi ba wa dhlulisela wona emlilweni uku wa tyisa.

38 Futi benzile loku kimi; bonakalisile okuyingcwele kwami ngalo lona lolo usuku, ba ngcolisile amasabata ami.

39 Ba ti ukububisa amadodana abo ezitombeni, be za pakati kokuyingcwele ngalo lona usuku uku ku ngcolisa; bhekake, benze njalo pakati kwendhlu yami.

40 Futi ngokuba u tumele amadoda a vele kude, isitunywa sa tunywa kuwo, bhekake, e za: o wa zihlanzela wona, wa wa becela amehlo ako, wa wa hlobela izivunulo.

41 Wa hlala embedeni omuhle, u netebula elilungiselwe pambi kwawo, o bekile pezu kwalo impepo yami namafuta ami.

42 Futi izwi labaningi aba hlezi nje kuye: futi kanye nabantu abavamayo, abantu abaSabea a ba veliswe ehlane, a ba faka amasongo ezandhleni zabo, nemicele emihle emakanda abo,

43 Nga se ngi ti kuye o pelele ekupingeni. Ba zo funa ukupinga naye, yena nabo na?

44 Ba ti ba ngena kuye njengaloku ba ngena kumfazi o isifebe, njalo ba ngena kuAhala na kuAholiba, abafazi abonakalayo.

45 Ko ti abantu abalungileyo ba bahlule ngokwahlula kwabafazi abapingayo, na ngokwahlula kwa ba palaza igazi; ngokuba ba izipingi bona, futi igazi li sezandhleni zabo.

46 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJe-

hova, Ngo leta ibandhla pezu kwabo, ngi ba nikela ukukatazeka, nokupangwa.
47 Ko ti ibandhla li ba kande ngamatye li ba qobe ngezinkemba zalo; li ya kubulala amadodana abo, namadodakazi abo, li tyise izindhlu zabo ngomlilo.
48 Ngo ti ngi pelise ukonakala ezweni; futi abafazi bonke ba ya kufundiswa, ba ngenzi njengokonakala kwenu.
49 Ba ya kuti ba pindisele ukonakala kwenu pezu kwenu, ni ya kupata nezono zezitombe zenu; nazi ukuba mina ngi yiNkosi uJehova.

## ISAHLUKO 24.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova ngomnyaka wesishiyagalolunye, ngenyanga yeshumi, ngosuku lweshumi lwenyanga, lokuti,
2 Ndodana yomuntu, loba wena igama losuku, ukuti lona usuku lolo; inkosi ya seBabulona ya sondela kuJerusalema nga lona usuku lolo.
3 Fanisa ngomfanekiso kuyo indhlu epambeneyo, u tyo kubo, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Faka ibodwe, li fake, u teleke amanzi pakati kwalo.
4 U beke pakati kwalo izinxenye zalo, zonke izinxenye ezihle, isito, nomkono; li gcwalise amatambo amahle.
5 Tabata okuketiweyo komhlambi, u qongeke amatambo pansi kwalo, u li bilise ngokubila, ma ba peke amatambo ako pakati kwalo.
6 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Maye kumuzi wezingazi, kulo ibodwe okugwala kwalo ku pakati kwalo, futi ukugwala a ku pumanga kulo! kipa kulo izinxenye zalo ngezinxenye, ma i nga weli pezu kwalo inkato.
7 Ngokuba igazi lawo li pakati kwawo; wa li beka pezu kwedwala elomileyo; a wa telanga emhlabeni uku li sibekela ngomhlabati.
8 Ukuze ku vuse ukuvuta uku pindisela ngempindiselo; ngi bekile igazi lawo pezu kwedwala elomileyo funa li sibekelwe.
9 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova, Maye kumuzi wezingazi! ngo wenza u be mkulu umqongo wokutyiswa.
10 Yandisa izinkuni, u base umlilo, u qede inyama u zwakalise ngamaka, ma ka tyiswe amatambo.
11 Futi li mise pezu kwamalahle awo li ize ukuze li fudumale li tye itusi lalo, ukungcola kwalo ku ncibilikiswe pakati kwalo, ukugwala kwalo ku qedwa.
12 Ku inkatazo ukugwala, futi ukugwala okukulu kwalo a ku pumanga kulo; ukugwala kwalo ku semlilweni.
13 Ekungcoleni kwako kuko ukonakala; ngokuba ngi ku hlanzile, kanti a u hlanzeki, a u yi ku hlanzwa kuko ukungcola kwako futi, ngi ze ngi hlalisile ukuvuta kwami.
14 Mina Jehova ngi kulumile, ko fika, ngi ya kwenza, a ngi yi ku yekela, a ngi yi ku haukela, a ngi yi ku dabuka, njengezindhlela zako, na njengezenzo zako ba za kwahlula wena i tyo iNkosi uJehova.
15 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti,
16 Ndodana yomuntu bheka mina ngo susa kuwe intokoziso yamehlo ako ngokutyaywa; Kodwa u nga kali, u nga lili, ma zi nga veli nezinyembezi zako.
17 Lingoza ngokutula, u ngenzi isililo sabafileyo; bopa umshuqulo wako pezu kwako, u fake nezicatulo zako ezinyaweni zako, u nga sibekeli izindebe zako, u nga dhli isinkwa sabantu.
18 Nga se ngi kuluma kubantu kusasa, kwa ti kusihlwa umkami wa fa; nga ti ngenza ekuseni njengaloko e nga yalelwa kona.
19 Lapo abantu ba ti kimi, A u yi ku si tyela se ku yini loku kuti, ngokuba wenza njalo wena na?
20 Nga se ngi ti kubo, Izwi lika Jehova la ba kona kimi, lokuti.
21 Yi tyo kuwo amadodana a seIsraeli, Njalo i tyo iNkosi uJehova; bheka mina ngi ya kungcolisa okuyingcwele kwami, ubuhle bamandhla enu, intokoziso yamehlo enu, okuhaukelwa umpefumlo wenu; ko ti amadodana enu namadodakazi enu e ni wa shiyileyo o wa ngenkemba.
22 Ku ya kuti nenze njenga loku ngenzile mina: a ni yi ku sibekela izindebe zenu, a ni yi ku dhla isinkwa sabantu.
23 Imishuqulo yenu yo ba emakanda kini, nezicatulo zenu ezinyaweni zenu; a ni yi ku kalela, a ni yi ku lila; kepa ni ya ku zaca ezipambekweni zenu, ni dabuke umuntu nomhlobo wake.
24 Ko ti uHezekeli a be kini umboniso; njengako konke a kwenzileyo yena ni ya kwenza; ekuzeni kwaloku, ni ya kwazi ukuba ngi yiNkosi uJehova.

25 Kepa, wena Ndodana yomuntu, a
ku yi ku kwenziwa yini nga lomhla e
ngi susa ngawo kubo amandhla abo, a
ba beka umpefumlo wabo kuko, amadodana abo namadodakazi abo, ukuti,
26 Yena o pepayo nga lomhla wo za
kuwe, uku ku zwisa ngezindhlebe zako.
27 Nga lolosuku umlomo wako wo
kamiswa kuye o pepayo, u kulume, u
nga tuli futi; ko ti u be umboniso kubo;
Ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

## ISAHLUKO 25.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti,
2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso
bako nga kuwo amadodana ka Amoni,
wazise nga kuwo.
3 U tyo kumadodana ka Amoni Yizwani izwi leNkosi uJehova; Njalo i
tyo iNkosi uJehova; Ngokuba wa ti,
Aha, nga kuko okuyingcwele kwami
lapo kwa ngcoliswa kona; na nga kulo
izwe la seIsraeli lapo la citakala kona;
na nga kuyo indhlu ya seJuda lapo ya
tunjwa kona;
4 Ngako bheka mina ngi ku nikela kumadodana a sempumalanga u be ifa; a
ya kubeka amatanga awo pakati kwako; wona a ya kudhla isitelo sako, a
puze nobisi lwako.
5 Ngo ti ngenze iRaba indawo yokupumula yamakameli, namadodana a seAmoni indawo yokucambalala kwezimvu; ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova.
6 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba u tyayile isandhla, u
betile ngonyawo, u jabulile ngokudela
konke kwako empefumlweni nga kuwo
umhlabati wa seIsraeli;
7 Ngako bheka mina ngo selula isandhla sami pezu kwako, ngi ku nikele
u be ukudhla kuzo izizwe; futi ngo ku
nquma kubantu, ngi ku bubise emazweni; ngo ku cita; wo ti wazi ukuba
ngi nguJehova.
8 Njalo i tyo iNkosi; Ngokuba
uMoabi noSira ba tyo, Bheka, indhlu
ya seJuda i njengezizwe zonke;
9 Ngako bheka, mina ngo vula icele
la seMoabi kuyo imizi, kuyo imizi yalo
e nga seceleni lalo, ubuhle bezwe iBethjesimote, neBaal-meoni, neKiritami.
10 Kuwo amadodana a sempumalanga
nga kuwo amadodana kaAmoni, ngo
wa nika a be ifa ukuze amadodana kaAmoni a nga kunjulwa pakati kwezizwe.
11 Futi ngi ya kwenza ukwahlulela
pezu kwabaMoabi, bo ti bazi ukuba ngi
nguJehova.
12 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngenxa yokwenza kwabo abakwaEdomi
ekupindiseleni impindiselo kuyo indhlu
ya seJuda, bonile ngokona, ba pindisela kuwo.
13 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova;
Ngo selula isandhla sami pezu kwe-Edomi ngi nqume kulo umuntu, nesilwane; ngi lenze li be incitakalo ku
suke eTemani; nabaDedani ba ya kuwa ngenkemba.
14 Ngi ya kuti ngi beke impindiselo
yami pezu kweEdomi ngesandhla sabantu bami abaIsraeli; bona ba ya kwenza eEdomi njengolaka lwami, na njengokuvuta kwami; Ku ya kuti bazi
impindiselo yami i tyo iNkosi uJehova.
15 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngenxa yokwenza kwabaFilisti ekupindiseleni, ba pindisela impindiselo ngokudela kompefumlo, ukucita ngenzondo
ya sendulo.
16 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova;
Bheka mina ngi selula isandhla sami
pezu kwabaFilisti, ngo nquma aba-Kereti, ngi cite insalo yolugu lolwandhle.
17 Ngo ti ngenze pezu kwabo impindiselo, izilungiso ezikulu zentukutelo:
bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova, uma ngi beke impindiselo pezu
kwabo.

## ISAHLUKO 26.

KWA tike ngomnyaka weshumi nanye, ngosuku lokuqala lwenyanga,
la ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.
2 Ndodana yomuntu ngokuba iTire li
tyilo nga kulo iJerusalema, ukuti, Aha,
li fohloziwe e li be isango labantu; li
guqulele kimi; ngo gcwala, se li citakalisiwe.
3 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova;
Bheka, mina ngi pezu kwako Tire, ngo
ti ngi kupulele izizwe eziningi pezu
kwako, njengolwandhle lwenyusa amaza alo.
4 Zi ya kuti zi cite izindonga za se-Tire, zi wise pansi izinqaba zalo: Futi
ngo sula utuli lwalo kulo, ngenze lona
njengedwala elomileyo.
5 I ya kuba indawo yokweneka amaneta pakati kolwandhle; ngokuba mina
ngi tyilo, i tyo iNkosi uJehova; Lona li
ya kuba impango kuzo izizwe.

6 Futi amadodakazi alo a semhlabati-
ni a ya kububiswa ngenkemba; bona
ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.
7 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova
mina ngo leta pezu kweTire uNebu-
kadrezari inkosi ya seBabulona e vela
enyakato, e inkosi yamakosi, e nama-
hashi nezincwele nezinkweli, neba-
ndhla, nabantu abaningi.
8 Wo bubisa amadodakazi ako emhla-
batini ngenkemba: Futi wo beka inqa-
ba nga kuwe a qonge udonga nga kuwe,
a pakamise nga kuwe isihlangu.
9 Nokutyaya kwenqama yokubeta wo
ku nika ezindongeni zako, nezinqaba
zako wo zi wisa pansi ngamazembe
ake.
10 Ngokuvama kwamahashi ake utuli
lwawo lo ku sibekela: ngenhlokomo
yezinkweli, namasondo nezincwele izi-
ndonga zako zo zamazama ekungeneni
kwake pakati kwamasango ako njenga-
bangenayo emzini odabuliweyo.
11 Ngezinselo zamahashi ake wo nya-
tela izindhlela zonke zako; wo bubisa
abantu bako ngenkemba, namatanga
amandhla ako a we pansi.
12 Ba ya kupanga ingcebo yako, ba ba-
mbe intengo yako; ba wise pansi izi-
ndonga zako, ba hlakaze izindhlu ezi-
nhle zako; ba ponse amatye ako nemiti
yako, notuli lwako emanzini.
13 Ngi ya kuti ngi tulise umsindo wo-
kuhlabelela kwako; nokukala kwezi-
ngubu zako a ku yi kuzwiwa futi.
14 Futi ngi ya kwenza wena njenge-
dwala elomileyo, wo ba indawo yokwe-
neka amaneta; a u sa yi kwakiwa futi:
ngokuba mina Jehova ngi tyilo, i tyo
iNkosi uJehova.
15 Njalo i tyo iNkosi uJehova ku-
Tire; Iziqingi a zi yi ku zamazama ini,
ngodumo lokuwa kwako, ekukaleni
kwabagwazwayo, ekubulaweni kwaba-
bulalwayo pakati kwako na?
16 Lapo amakosi onke olwandhle a ya
kwehla ezihlalweni zawo zobukosi a
suse izingubo zawo, a hlubule izambato
zawo zomfeketiso: a zo gqoka ukututu-
mela; a hlale emhlabatini, a tutumele
ngezikatyana zonke a dumale.
17 A ya kuti enze isililo pezu kwako,
a ti kuwe, U citekile kanjani wena o
wakiwe ngaba a bolwandhle, muzi odu-
nyisiweyo, o be namandhla elwandhle,
wona nabahlezi kuwo a benza ukwesa-
ba kwabo kubo bonke a ba hlezi kuwo.
18 Kaloku iziqingi zo tutumela ngosu-
ku lokuwa kwako; yebo iziqingi ezi
selwandhle zo katazeka ngokumuka
kwako.
19 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJeho-
va; Lapo ngo kwenza kona u be umuzi
osabalalekayo, njengemizi e nge naba-
hleziyo; lapo ngo kupula, kona ulwa-
ndhle pezu kwako, namanzi amaningi
o ku sibekela.
20 Lapo ngo kwehlisa kona nabo abe-
hlela emgodini, rabantu ba sendulo, ngi
ku hlalise emhlabeni ongapansi, ekuci-
takaleni kwasendulo, nabo abeukela
emgodini, ukuze u ngakiwa; lapo ngo
beka kona ubuhle ezweni labapilayo;
21 Ngo kwenza u be ukucitakala, u
nga bi sa biko, ko ti u funisiselwe, kepa
a u yi ku funyanwa futi ku ze ku be pa-
kade, i tyo Nkosi uJehova.

## ISAHLUKO 27.

KWA ti kwa ba kona kimi izwi lika
Jehova, lokuti.
2 Kaloku, Wena ndodana yomuntu,
pakamisa isililo pezu kweTire.
3 Yityo kuTire, Wena o hlezi ngase-
kungeneni kolwandhle, u umtengi wa-
bantu kuzo iziqingi ezininġi, Njalo i tyo
iNkosi uJehova; Tire, wena u tyilo uku-
ti, ngi ngubuhle obupelele.
4 Amacele ako a senhliziyweni yolwa-
ndhle, abaki bako ba pelelisile ubuhle
bako.
5 Bakile ngomberoshi wa seSeniri onke
amaplankwe ako; ba tabatile isedare la
seLebanoni ukwenza insika yako.
6 Amaeloni a seBashane ba wenzile
amapini ako; izihlalo zako abantu ba
seAshuri ba zenzile ngopondo lwe-
ndhlovu olu vele eziqingini za seKi-
timi.
7 Ilineni e li nomfeketiso li vele Egi-
pite lenekwa nguwe li be indwangu yo-
kubonisa yako; okuluhlaza nokubomvu
ku vele eziqingini za sElisha ku be
ukwambata kwako.
8 Abakileyo ba seSidoni, neArvadi ba
be abagwedhli bako; abahlakanipileyo
bako, Tire, a ba be kuwe, bona ba be
abahambisi bako bemikumbu.
9 Abadala ba seGebali nabahlakanipi-
leyo balo ba be kuwe abavimbi bako be-
zimfa; imikumbu yonke yolwandhle
nabantu bolwandhle bayo ba kona ku-
we ukutenga entengweni yako.
10 Bona ba seParasi neLudi neFutl,
ba be sempini yako, abantu bako boku-
lwa; ba panyeka isihlangu nesigqoko

sensimbi pakati kwako; ba nikile ukuvuuula kwako.
11 Amadodana ka Arvadi a be kanye nempi yako pezu kwezindonga zako ekuzungezeni, namaGamadi a be sezinqabeni zako: ba panyeka izihlangu zabo ezindongeni zako ekuzungezeni; bona ba pelelisile ubuhle bako.
12 iTarshishi li be umtengi wako ngokuvama kwengcebo yonke; kanye nesiliva, nensimbi, nokete nomtofu, ba wa beka emavinkilini ako.
13 iJavani, neTubali, neMesheki, bona ba be abantengi bako; ba beka entengweni yako umpefumlo wabantu, nezitya zetusi.
14 Bona abendhlu kaTogarma ba beka emavinkilini ako amahashi nezinkweli nezimbongolo.
15 Amadodana kaDedani a be abatengi bako; iziqingi eziningi zi be abatengisi besandhla sako; ba buyisa upondo lwendhlovu, ne eboni ku be isipo sako.
16 iAramu li be umtengi wako ngokuvama kwemisebenzi yako; ba beka emavinkilini ako amatye amahle, nokubomvu, nomsebenzi womfeketiso, nelineni nekorali nerube.
17 iJuda nezwe la seIsraeli bona ba be abatengi bako; ba beka entengweni yako ukolweni wa seMiniti nePanagi, nezinyosi, namafuta, nebalsamu.
18 iDamaskusi li be umtengi wako ekuvameni kwemisebenzi yako, ngokuvama kwengcebo yako yonke; ngewaini la seHelboni, noboya obumhlope bezimvu.
19 iDani neJavani be hambela ba beka emavinkilini ako; insimbi emhlope, nekasia, nekalamusi. li be entengweni yako.
20 iDedani li be umtengi wako nezindwangu zezincwele.
21 iArabia, namakosi onke a seKedari a be abatengi besandhla sako ngezimvana, na ngezinqama, nezimpongo; nga lezi a be abatengi bako.
22 Abatengi ba seSeba neRama, ba be abatengi bako; ba bheka emavinkilini ako ngamaka onke amnandi, na ngamatye onke amahle, na ngegolide.
23 iHaranu neKane, neEdene abatengi ba seSheba, neAshuri, neKilmadi ba be abatengi bako.
24 Bona ba be abatengi bako, ngezinto ezipeleleyo, ngezingubo zokuluhlaza, nezomfeketiso, na ngemipongolo yezingubo zomfeketiso, i nemicilo ebotyiweyo, nesedare, pakati kwabatengi bako.
25 Imikumbu ya se Tarshishi i be ehambelayo yako entengweni yako; futi wa gcwaliswa, wa duma kakulu enhliziyweni yezilwandhle.
26 Abagwedhli bako ba ku zisile emanzini amakulu; umoya wa sempumalanga u wapulile enhliziyweni yezilwandhle.
27 Ingcebo yako, namavinkili ako, nabolwandhle bako, naba hambisi bemikumbu bako, nabavimbi bako bezimfa, nabatengisi bamavinkili ako, nabantu bonke bako bokulwa, a ba be kuwe, nebandhla lonke eli se pakati kwako, ba ya kuwa kanye nawe enhliziyweni yezilwandhle ngosuku lokuwa kwako.
28 Ngezwi lokukala kwabahambisi bako bemikumbu izindawo ezingapandhle zo zamazama.
29 Ba ya kweyuka emikunjini yabo bonke a ba pata isigwedhlo, abolwandhle nabahambisi bemikumbu bonke bolwandhle, be me emhlabatini;
30 Ba zwise izwi labo ngakuwe, ba kale ngomunyu, ba kupulele utuli pezu kwamakanda abo, ba zigingqele emlotini.
31 Ba zo zenza ba be izimpandhla impela, ba zibope ngamasaka, ba lilele wena ngokukatazeka kompefumlo, ngokulila okusabekayo.
32 Ko ti ekulileni kwabo ba pakamise ukukala ngawe, ba kale pezu kwako, be ti i mupi umuzi o njengeTire, njengocitakeleyo pakati kolwandhle?
33 Ekupumeni kwenzuzo yako kuzo izilwandhle, wa sutisa abantu abaningi; ngobuningi bengcebo yako, nentengo yako wa fuyisa amakosi omhlaba.
34 Ngesikati o ya ku dabulwa ngaso izilwandhle ekujuleni kwamanzi, intengo yako nebandhla lonke lako pakati kwako i ya kuwa.
35 Abahlezi eziqingini bonke ba ya kudumala ngawe, namakosi azo o saba ngokwesaba, a tutumele ebusweni.
36 Abatengisi pakati kwezizwe ba zo ncifa nga kuwe, wo ba incitakalo, u nga bi sa bi ko.

## ISAHLUKO 28.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.
2 Ndodana yomuntu, yityo kuyo inkosi ya seTire ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba inhliziyo yako i ya zipakamisa, u tyo, ukuti,

Ngi ngutixo, ngi hlezi esihlalweni sika Tixo, enhliziyweni yezilwandhle; kodwa wena u ngumuntu, a u siye uTixo, kepa u misile inhliziyo yako njengenhliziyo ka Tixo.

3 Bheka u hlakanipile wena kuDanyeli; a ba nge site imifihlakalo kuwe nayodwa.

4 Ngokuhlakanipa kwako na ngokuqonda kwako u zenzele ingcebo, u tabatile igolide nesiliva ezinyangweni zako.

5 Ngokuvama kokuhlakanipa kwako, na ngokutenga kwako wandisile ingcebo, futi inhliziyo yako i pakamile ngengcebo yako.

6 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba u misile inhliziyo yako njengenhliziyo ka Tixo ;

7 Ngako, bheka mina ngo zisa abafo pezu kwako abasabekayo bezizwe; bo ti ba koke izinkemba zabo ngakubo ubuhle bokuhlakanipa kwako, ba ngcolise ukukazimula kwako.

8 Ba ya kukwehlisela emgodini, wo fa ukufa kwabahlatyiweyo enhliziyweni yezilwandhle.

9 U sa ya kutyo ini ebusweni bake o ku bulalayo ngi nguTixo? Kodwa wo ba umuntu wena, u nga siye uTixo esandhleni so ku bulalayo.

10 Wo fa ukufa kwabangasokiweyo, ngesandhla sabafo: ngokuba mina ngi ku kulumile, i tyo iNkosi uJehova.

11 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti;

12 Ndodana yomuntu, pakamisa isililo pezu kwenkosi ya seTire, u tyo kuyo, Njalo i tyo iNkosi uJehova, U ya gqiba inhlanganiso e gcwele ukuhlakanipa, e pelele ngobuhle.

13 U bu seEdene ensimini kaTixo; amatye amahle onke a be isibekelo sako, iodemi, ipiteda, iyahalomi, itarshishi, ishohamu, iyashefe nesafiri, inopeke ibarekati, negolide; umsebenzi womabontya wako nemityingo yako wa lungiswa kuwe ngosuku lokwenza kwako.

14 Wena u yikerube eligcotyiweyo elizisibekelayo; nga ku beka mina; wa ba sentabeni eyingcwele kaTixo, wa zihambela pakati kwamatye omlilo.

15 Wa u lungile ezindhleleni zonke zako ku suke osukwini o wa datyulwa ngalo, kwa za kwa funyanwa okubi pezu kwako,

16 Ngokuvama kwentengo yako ba gcwalisile ngapakati kwako ngohlupo, wonile wena; ngo ku lahla njengongahlanzekile entabeni kaTixo; ngi ya kuti ngi ku bulale wena kerubi elizisibekelayo ku suke pakati kwamatye omlilo.

17 Inhliziyo yako ya zipakamisa ngobuhle bako, u ngcolisile ukuhlakanipa kwako ngokukazimula kwako; ngo ku ponsa emhlabatini, ngo ku beka pambi kwamakosi uku ku bona.

18 U ngcolisile okunyingcwele kwako ngokuvama kokubi kwako, ngokubi kokutenga kwako; ngako ngo pumisa umlilo ku suke nga pakati kwako, wona wo ku dhla, futi ngo ku nikela emloteni emhlabatini emehlweni abo bonke a ba ku bonayo.

19 Bona bonke a ba kwaziyo pakati kwabantu, ba ya kudumala ngawe; wo ba ukucitakala u nga bi sa bi ko.

20 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

21 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bako ngakulo iSidoni, wazise ngakulo.

22 U tyo ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka, mina ngi nga kuwe Sidoni; ngo dunyiswa pakati kwako: futi ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova, lapo ngenzile kona izahlulelo kulo, na lapo ngi ya kuba ngcwele kona kulo.

23 Ngi ya kuti ngi tume kulo ukufa, negazi ezindhleleni zalo; futi abagwazwayo pakati kwalo ba ya kuwa ngenkemba pezu kwalo ekuzungezeni; ba ya kwazi bona ukuba ngi uJehova.

24 Futi a ku sa yi ku ba kona kuye indhlu ya seIsraeli iliva elihlabayo, nameva a limazayo a vele kubo aba ba haqayo, a ba ba delayo; ba ya kwazi ukuba ngi iNkosi uJehova.

25 Njalo i tyo iNkosi uJehova ekuyihlanganiseni kwami indhlu ya seIsraeli se be pumile kubantu a ba zihlakazile pakati kwabo, lapo ngi ya kwenziwa ngcwele pakati kwabo emehlweni ezizwe, lapo ba ya kuhlala emhlabatini e ngi wu nikile kuyo inceku yami uJakobe,

26 Ba ya kuti ba hlale ngokwetemba, bake izindhlu, ba tyale amasimu esinwazi, ba hlale ngokutemba, uma se ngenzile izahlulelo pezu kwabo bonke a ba ba delayo, a ba haqayo; ba ya kwazi bona ukuba ngi uJehova uTixo.

## ISAHLUKO 29.

NGOMNYAKA weshumi, ngenyanga yeshumi ngosuku lweshumi nambili lwenyanga, la ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti;

2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bako nga kuye uFaro inkosi ya sEgipite, wazise nga kuye, na nga kulo iEgipite lonke.

3 Kuluma u tyo, ukuti, njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka, mina ngi nga kuwe Faro Nkosi ya sEgipite, ingwenya enkulu e lala emifuleni yayo, e tyilo ukuti, umfula wami u ngowami, ngi wenzile mina.

4 Kepa ngo faka isongo lami emihlatini yako, ngo namatelisa izinhlanzi zemifula yako kuzo izingqwecwe zako, ngi ya kuti ngi ku kupule u pume emifuleni yako, futi izinhlanzi zonke zemifula yako zo namatela kuzo izingqwecwe zako.

5 Ngo ti ngi ku ponse pansi ehlane wena nezinhlanzi zonke zemifula yako; wo wa wena ebusweni bomhlabati; a u yi ku hlanganiswa, a u yi ku butwa; Ngi ku nikile u be ukudhla kuzo izilwane zomhlabati, na kuzo izinyoni zezulu.

6 Bona bonke aba hlezi Egipite ba ya kwazi ukuba ngi uJehova, ngokuba ba be intonga yohlanga kuyo indhlu ya seIsraeli.

7 Lapo ba ku bamba kona ngesandhla, wa coboza, wa dabùla ihlombe lonke labo; na lapo bencika pezu kwako, wa fehleza, wenza lu me ukalo lonke lwabo.

8 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngi ya kuzisa pezu kwako inkemba, ngi nqume kuwe umuntu nesilwane.

9 Ko ti izwe la sEgipite li be ihlane nencitakalo; ba ya kwazi bona ukuba ngi uJehova; ngokuba yena wa tyo, ukuti, Umfula u ngowami, ngi wenzile.

10 Ngako bheka mina ngi nga kuwe, ngi nga kuyo nemifula yako; futi ngo nikela izwe la sEgipite ekucitakaleni impela, ku be ihlane ku suke enqabeni ya seSyene ku ze ku be seceleni la seKushi.

11 A ku yi ku dabula kulo unyawo lomuntu, a ku yi ku dabula kulo nonyawo lwesilwane, a ku yi ku hlalwa kulo iminyaka i ngamashumi amane.

12 Ngo ti ngi beke izwe la sEgipite li be ihlane pakati kwamazwe a citakeleyo, nemizi yalo pakati kwemizi ebuleweyo yo ba incitakalo iminyaka e ngamashumi amane; futi ngo hlakaza aba sEgipite ezizweni, ngi ba hlwanyele emazweni.

13 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova ekupeleni kweminyaka e ngamashumi amane ngo buta aba sEgipite kuzo izizwe a ba hlakazwa kuzo.

14 Futi ngo buyise izitunjwa za sEgipite, ngi ba buyise ezweni la sePathrosi kulo izwe loku zalwa kwabo; ba ya kuba kona umbuso okotamekileko.

15 Li ya kuba okotamileyo kuyo imibuso; a li yi ku zipakamisa futi pezu kwezizwe; futi ngo ba ncipisa funa ba buse ezizweni.

16 Lona a li sa yi ku ba kuyo indhlu ya seIsraeli itemba, li kumbuze ububi bayo ekupendukeni kwabo emva kwabo; ko ti bazi ukuba ngi iNkosi uJehova.

17 Kwa ti ngomnyaka wamashumi amabili nesikombisa, ngenyanga yokuqala, ngosuku lokuqala lwenyanga la ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

18 Ndodana yomuntu, uNebukadrezari inkosi ya seBabulona, wenza impi yake i konze inkonzo enkulu nga kulo iTire; izinhloko zonke zenziwa zi be impandhla, namahlombe onke a gudhlulwe; kodwa wa e nge nankokelo, nempi yake, i vele ku Tire, ngenxa yenkonzo o wa yi konza nga kulo.

19 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngo nika uNebukadrezari inkosi ya seBabulona izwe la sEgipite; yena wo tabata isixuku, a gcugce ingcugco yalo, a pange impango yalo; kona ko ba inkokelo yempi yake.

20 Ngenxa yomsebenzi a konza ngawo kulo ngi m nikile izwe la sEgipite, ngokuba ba ngi sebenzela i tyo iNkosi uJehova.

21 Nga lolusuku ngi ya kwenza lu kahlele upondo lwendhlu ya seIsraeli, ngi ku nike ukukamisa komlomo pakati kwabo, bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

## ISAHLUKO 30.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti,

2 Ndodana yomuntu, yazisa, u tyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Kalani, Maye kulo usuku!

3 Ngokuba usuku lu seduze, lona usuku luka Jehova lu seduze, usuku lwamafu; lu ya kuba isikati kuzo izizwe.

4 Ko ti inkemba i fika pezu kwEgipite, nokwesaba pezu kweKushi, lapo ba we kona abahlatyiweyo Egipite, lapo ba ya kutabata isixuku salo, zi dabulwe nezisekelo zalo.

5 iKushi, neFuti, neLudi, nesixuku

sonke esihlanganisiweyo, neKube, namadodana ezwe avumeleneyo, a ya kuwa nabo ngenkemba.

6 Njalo u tyo uJehova, bona a ba pasa iEgipite ba ya kuwa; nobuhle bamandhla alo a ya kweuka; ba ya kuwa ngenkemba kulo ku qale enqabeni yaseSyene, i tyo inNosi uJehova.

7 Futi ba ya kucitakala pakati kwamazwe acitekileyo, nemizi yalo yo ba pakati kwemizi ebuleweyo.

8 Bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova, lapo ngo ba ngi bekile kona umlilo Egipite, na lapo abasizayo bonke balo bo ba se be fohloziwe.

9 Nga lolosuku izitunywa zo puma ngemikumbu ebusweni bami ukusabisa iKushi eli hlezi ngokwetemba, futi ko ba kona ubuhlungu ku bona njengasosukwini lwa sEgipite; ngokuba, bheka, ko fika.

10 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngi ya kuqeda isixuku sa sEgipite ngesandhla sika Nebukadrezari inkosi ya seBabulona.

11 Yena nabantu bake kanye naye aba nolaka bezizwe, ba ya kuziswa ukucita izwe, ba ya kuti ba koke izinkemba zabo nga kulo Egipite, ba gcwalise izwe ngabahlatyiweyo.

12 Ngo ti ngenze imifula i tye, ngi tenge izwe esandhleni sababi; ngi sabalalise izwe, nokugcwala kwalo ngesandhla sabafo; mina Jehova ngi tyilo.

13 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngo bubisa izitombe, ngi qede izitixo eNofi; ko ti ku nga bi ko futi inkosi yezwe la sEgipite; futi ngo beka ukwesaba ezweni la sEgipite.

14 Ngi ya kuti ngi sabalalise iPathrosi ngi beke umlilo eZoani ngenze isahlulelo eNo.

15 Ngi tele pezu kweSini inqaba yasEgipite ukuvuta kwami, ngi nqume isixuku sa seNo.

16 Ngi beke umlilo Egipite; iSini lo zibinya ngobuhlungu, neNo li ya kudatyulwe, neNofi lo ba nezinkatazo ngemihla.

17 Amadoda amatya a seAvene nasePibesete a ya kuwa ngenkemba; yona imizi yo hamba ekutunjweni.

18 Futi eTahafanesi ko ba kona usuku olumnyama, lapo ngi ya kupula kona amayokwe a sEgipite; ubukosi bamandhla alo bo pela kulo; na lo ifu li ya ku li sibekela, futi amadodakazi alo a ya kuya ekutunjweni.

19 Ngi ya kwenza izahlulelo Egipite mina; ba ya kwazi bona ukuba ngi nguJehova.

20 Kwa tike ngomnyaka weshumi nanye, ngenyanga yokuqala, ngosuku lwesikombisa lwenyanga kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

21 Ndodana yomuntu, se ngapulile ingalo ka Faro inkosi ya sEgipite; bhekake; a i yi ku botywa uku telela imiti, uku faka isibopo uku yi songela uku yi qinisa uku galela ngenkemba.

22 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngi nga kuye uFaro inkosi ya sEgipite, futi ngo zapula izingalo zake, eqinileyo kanye neyapukileyo; mina ngi ya kwenza inkemba i we esandhleni sake.

23 Futi ngo hlakaza aba sEgipite ezizweni, ngi ba hlwanyele emazweni.

24 Ngo ti ngi qinise izingalo zenkosi ya seBabulona, ngi nike inkemba yami esandhleni sayo; kanti ngo pula izingalo zika Faro, yena wo bubula ngezibubulo zohlatyiweyo pambi kwake.

25 Kanti ngo qinisa izingalo zenkosi ya seBabulona, kodwa izingalo zika Faro zi ya kuwa; ba ya kwazi bona ukuba ngi nguJehova lapo se ngi nikile kona inkemba yami esandhleni senkosi ya seBabulona, na lapo yo ye lulile pezu kwezwe la sEgipite.

26 Ngo ti ngi hlakaze aba sEgipite ezizweni, ngi ba hlwanyele emazweni; ba ya kwazi bona ukuba ngi nguJehova.

## ISAHLUKO 31.

KWA tike ngomnyaka weshumi nanye, ngenyanga yesitatu, ngosuku lokuqala lwenyanga, kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

2 Ndodana yomuntu, Kuluma kuFaro inkosi ya sEgipite, na kuso isixuku sake; U ya fana nobani ebukulweni bako na?

3 Bheka iAshuri li isedare la seLebanoni lihle ngamagatya, ihlati eli netunzi, lide ngokudepa amaqabunga alo a be pakati kwamahlahla enileyo.

4 Amanzi a li kulisa, ulwandhle lwa li pakamisa; ngemifula yalo li hamba ngokuzungeza ekutyalweni kwalo; na ngemisele yalo la tuma kuyo yonke imiti yomhlabati.

5 Ngako ukudepa kwalo kwa pakama nga pezu kwemiti yonke yomhlabati, namagatya alo a vama, namahlahla alo a jobelelwa ngokuvama kwamanzi eku wa pumiseni kwalo.

6 Zonke izinyoni zezulu zaka emagatyeni alo, na pansi kwamahlahla alo, izilwane zonke zomhlabati za zala, na setunzini lalo za hlala izizwe zonke ezikulu.

7 Lona la ba lihle ebukulweni balo, ebudeni bamagatya alo, ngokuba impande yalo ya ba semanzini amaningi.

8 Amasedare ensimini ka Tixo a ka li sitanga; amaberoshi a ka fananga namagatya alo, nemiharimone a i banga njengamahlahla alo, a u fananga nalo ngobuhle umuti nawodwa ensimini ka Tixo.

9 Ngi lenzile li be lihle ngobuningi bamagatya alo; kwa ti yonke imiti ya sEdene e bi sensimini ka Tixo ya ba nomona ngalo.

10 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba u zipakamisile ngokudepa, lona la beka amaqabunga alo pakati kwamahlahla enileyo, nenhliziyo yalo i pakamile ngobude balo;

11 Mina ngi li nikile esandhleni sonamandhla wezizwe; yena u ya kwenza kulo impela; ngobubi balo ngi li xotyile.

12 Nabafo aba nolaka bezizwe ba li nqumile, ba li lahlile; ezintabeni na sezigodini zonke amagatya alo a wile, namahlamvu alo a pulwa ngasemiseleni yonke yezwe nabantu bonke bomhlaba ba pumile etunzini lalo, ba li shiyile.

13 Pezu kwenciteko yalo zonke izinyoni zezulu zo hlala, nezilwane zonke zezwe zo ba pezu kamahlahla alo.

14 Ukuze nawodwa wemiti e ngasemanzini u zipakamise ngokudepa kwawo, futi u nga beki amaqabunga awo pakati kwamahlahla, futi u nge mi ngokwawo ekupakameni kwawo, nayo imiti yonke e puza amanzi; ngokuba yonke i nikiwe ekufeni, emhlabeni pansi, pakati kwamadodana abantu, kanye nabatyonayo emgodini.

15 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngosuku lokwenkela kwalo esheoli, ngenza ukulila; nga sibekela ulwandhle ngalo, nga vimbela imifula yalo, namanzi amaningi a valelwa; ngenza ukuba iLebanoni li lile pezu kwalo, nemiti yonke yomhlabati ya dangala ngalo.

16 Ngomsindo wokuwa kwalo nga tutumelisa izizwe, lapo nga li tyonisa kona esheoli kanye nabatyonayo emgodini; futi imiti yonke ya sEdene, emihle, nelungileyo ya seLebanoni, yonke e puza amanzi yo zitokozisa emhlabeni pansi.

17 Yona nayo ya tyona kanye nalo esheoli, kubo abahlatyiweyo ngenkemba; kanye nabo aba be ingalo yalo, aba hlala etunzini lalo pakati kwezizwe.

18 U ya fana nobani ekukazimleni nasebukulweni pakati kwemiti ya sEdene na? wena wo tyoniswa nemiti ya sEdene emhlabatini pansi; wo lala pakati kwaba nejwabu kubo abahlatyiweyo ngenkemba. Lo u nguFaro nesixuku sonke sake, i tyo iNkosi uJehova.

## ISAHLUKO 32.

KWA tike ngomnyaka weshumi nambili, ngenyanga yeshumi nambili, ngosuku lokuqala lwenyanga, kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Ndodana yomuntu, pakamisa isililo pezu kuka Faro inkosi ya sEgipite, u tyo kuye, ukuti, U ya fana nengonyama entya yabantu, futi u njengengwenya olwandhle; wa ti wa nyakazisa imifula yako, wa zamazisa amanzi ngezinyawo zako, wa dunga imifula yabo.

3 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngo leneka ineta lami pezu kwako ngebandhla labantu abaningi, bo ti ba ku kupule ngeneta lami.

4 Lapo ngo ku tyinga emhlabeni, ngi ku lahlele emhlabatini, ngi hlalise pezu kwako izinyoni zonke zezulu, ngi sutise ngawe izilwane zonke zezwe.

5 Futi ngo beka inyama yako pezu kwezintaba, ngi gcwalise izigodi ngokupakama kwako.

6 Futi ngo netisa izwe lokuhlamba kwako ngegazi lako, kuzo izintaba; nemisele yo gcwala uwe.

7 Ngo ti ekucinyweni kwako ngi sibekele izulu, ngi nyamalise izinkanyezi; ngi sibekele ilanga ngefu, nenyanga a i yi ku kanya nokukanya kwalo:

8 Zonke izinkanyezi ezikanyayo ezulwini ngo zi nyamalisa pezu kwako, ngi beke ubumnyama pezu kwezwe lako, i tyo iNkosi uJehova.

9 Futi ngo kataza inhliziyo yabantu abaningi lapo ngi zisa kona ukufohlozwa kwako pakati kwezizwe emazweni o nga wazanga wena.

10 Mina ngo dumaza abantu abaningi pezu kwako, namakosi abo o saba ngokwesaba ngawe, uma ngi zo galela ngenkemba yami pambi kwawo; a ya ku ti a tutumele izikatyana zonke ilomuntu ngompefumlo wake, ngosuku lokuwa kwako.

11 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; inkemba yenkosi ya seBabulona i ya kuza pezu kwako.

12 Ngezinkemba zabanamandhla ngo wisa izixuku zako, aba nolaka bezizwe bona bonke; bona ba zo cita ubukosi ba sEgipite, nezixuku zonke zalo zo nqunywa.

13 Futi ngo bubisa zonke izilwane zalo ngasemanzini amaningi; nonyawo lomuntu a lu yi ku dunga wona futi, namasondo ezilwane a ka yi ku wa dunga.

14 Lapo ngo ncipisa amanzi abo, ngenze imifula yabo i hambe njengamafuta i tyo iNkosi uJehova.

15 Lapo ngi ya kwenza izwe la sEgipite li be ihlane, nezwe li sabalaliswe ngokugcwala kwalo, lapo ngi zo tyaya bonke aba hlezi kulo, bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

16 Bona ba ya kulilela lona ngesililo lesi: amadodakazi ezwe a ya kulilela; a zo lilela lona, iEgipite, nesixuku sonke salo, i tyo iNkosi uJehova.

17 Kwa tike ngomnyaka weshumi nambili, ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga, la ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

18 Ndodana yomuntu, kalela isixuku sa sEgipite, u behlisele, ukuti lona, namadodakazi ezizwe ezidumileyo, emhlabeni ngapansi, kanye nabeukela emgodini.

19 U muhle ku nobani? yeukela u laliswe kanye nabo aba nejwabu.

20 Pakati kwabo aba hlatyiwe ngenkemba ba ya kuwa; lona li nikelwe enkembeni; li donseni nezixuku zonke zalo.

21 Aba namandhla babadumileyo ba ya kukuluma nalo pakati kwesheoli nabo aba li hlengayo; ba tyonile, ba lala aba nejwabu, abahlatyiweyo benkemba.

22 Nanti iAshuri, nesixuku sonke salo, amatuna alo a li haqayo , bona bonke be hlatyiwe, abawileyo benkemba.

23 Amatuna alo a bekiwe ezinhlangotini zomgodi, nebandhla lalo li ya haqa ituna lalo; bona bonke be hlatyiwe, abawileyo benkemba, a benza ukwesaba ezweni labapilileyo.

24 Nanti iElamu nesixuku sonke salo si haqa ituna lalo, bona bonke be hlatywe abawileyo benkemba, a ba tyona be nejwabu emhlabeni ngapansi, a benza ukwesaba kwabo ezweni labapilayo: kepa ba patile ihlazo labo kanye nabo, abatyonayo emgodini:

25 Ba li bekele umbede pakati kwabahlatyiweyo kuso isixuku sonke salo: amatuna alo a ya li haqa; bona bonke be nejwabu be hlatyiwe ngenkemba; ngokuba ukwesatywa kwabo kwenziwa ezweni labapilayo, kepa ba patile ihlazo labo kanye nabo aba tyonayo emgodini; li bekiwe pakati kwabahlatyiweyo.

26 Nanti iMesheki, neTubali nesixuku sonke salo; amatuna alo a ya li haqa; nesixuku sonke salo; bona bonke be nejwabu, abahlatyiweyo ngenkemba, ngokuba benza ukwesatywa kwabo ezweni labapilileyo.

27 Bona a ba yi ku lala nabadumileyo abawileyo baba nejwabu; a ba tyonile esheoli be nezikali zabo zokulwa; ba bekile pela izinkemba zabo pansi kwamakanda abo, kanti izipambeko zabo zi ya ku ba pezu kwamatambo abo, ngokuba ba be ukwesaba kwabadumileyo ezweni labapilileyo.

28 Wena pela wo fohlozwa pakati kwaba nejwabu, wo lala nabo abahlatyiweyo benkemba.

29 Nanti iEdomi amakosi alo, nezixuku zonke zalo, e zi bekiwe nabo abahlatyiweyo benkemba; zona zo lala nabo aba nejwabu, nabo abatyonayo emgodini.

30 Nangamakosi a senyakato, wona onke, namaSidoni onke, a tyonile kanye nabahlatyiweyo; ekusabeni kwabo ba jambile ngamandhla awo; a ti a lala nejwabu nabo abahlatyiweyo ngenkemba, a pata ihlazo lawo kanye nabatyonayo emgodini.

31 uFaro wo ba bona, a tokoziswe pezu kwesixuku sonke sake, uFaro nempi yonke yake abahlatyiweyo ngenkemba, i tyo iNkosi uJehova.

32 Ngokuba se ngi bekile ukwesatywa kwami ezweni labapilileyo; ko ti a laliswe pakati kwabo aba nejwabu aba ti abahlatyiweyo ngenkemba, ukuti uFaro nesixuku sonke sake i tyo iNkosi uJehova.

## ISAHLUKO 33.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Ndodana yomuntu, kuluma kumadodana abantu bako, u tyo kubo; Uma ngi zisa inkemba pezu kwalo izwe; noma abantu bezwe ba tabate umuntu wa semikaulweni yabo, ba m beke a be umlindi ku bona.

3 Noma se e bona inkemba i za pezu
kwezwe, a kalise itilongo, a xwayise
abantu;
4 Noma yena o zwayo u yezwa ukuka-
la kwetilongo, kodwa e nga xwayi; uma
i fika inkemba, i m suse; igazi lake li
ya kuba ekanda lake.
5 Wezwa ukukala kwetilongo, a
xwayanga, igazi lake li ya kuba kuye.
Kanti yena o xwayayo wo sindisa umpe-
fumlo wake.
6 Ku ti umlindi uma e bona inkemba
i za, e nga kalisi itilongo, be nga xwayi-
swa abantu, i fike inkemba i suse umu-
ntu ku bona, umpefumlo lowo u ya su-
swa ekupambekweni kwawo, kepa igazi
lawo ngo li biza esandhleni somlindi.
7 Njalo wena Ndodana yomuntu ngi
ku bekile u be umlindi kuyo indhlu ya
seIsraeli, wo ti u zwe izwi emlonyeni
wami, u ba xwayisele mina.
8 Lapo ngi tyo komubi, ukuti, Mubi
wo fa ngokufa; kepa u nga kulumi we-
na ukuxwayisa omubi a shiye indhlela
yake; lowomubi wo fa ekupambekeni
kwake, kepa igazi lake ngo li biza esa-
ndhleni sako.
9 Kanti wena uma u xwayisile omubi
ukuba a penduke endhlelni yake; ko-
dwa, uma e nga penduki ekuhambeni
kwake, yena wo fa ekupambekeni kwa-
ke, kepa wena u sindisile umpefumlo
wako.
10 Futi, wena Ndodana yomuntu ku-
luma kuyo indhlu ya seIsraeli; Njalo ni
ya tyo, ukuti, Uma ukupambeka kwetu,
nezono zetu zi be pezu kwetu, tina si
zace ku zona, si ya kupila kanjani po na?
11 Yityo ku bona, ukuti, Kupila kwa-
mi, i tyo iNkosi uJehova a ngi to-
kozi ekufeni komubi; kodwa ekubuyeni
komubi endhleleni yake a pile: pendu-
kani ni penduke ezindhleleni zenu ezi-
mbi, ngokuba ni ya kufa ngani, Ndhlu
ya seIsraeli?
12 Futi, wena Ndodana yomuntu, yi-
tyo kumadodana abantu bako, Ukulu-
nga kolungileyo a ku yi ku m sindisa
ngosuku lokupambeka kwake: futi
okubi komubi a ka yi ku wiswa pansi
iko ngosuku lokubuya kwake ebubini
bake; futi olungileyo a ka yi ku ba na-
mandhla ukupila ngako ukulunga ngo-
suku lokona kwake.
13 Lapo ngi tyo kolungileyo, ukuti,
yena wo pila ngokupila; uma e temba
yena kuko ukulunga kwake, enze okubi,
ukulunga konke kwake, a ku yi ku ku-
njulwa: kepa wo fa ebubini a benzileyo,
wo fa kubo.
14 Na lapo ngi tyo komubi, Wena wo
fa ngokufa; uma e buya esonweni sake
enze ukwahlulela nokulunga.
15 Uma omubi e buyise isibambiso, e
koka okwamukiweyo, e hambe emitete-
tweni yokupila, e ngenzi okubi; wo
pila ngokupila, a ka yi ku fa.
16 A ku yi ku kunjulwa nga kuye ne-
si sodwa sezono zake a zenzileyo; wenzile
ukwahlulela nokulunga; wo pila ngo-
kupila.
17 Kepa amadodana abantu bako a
tyo, ukuti, Indhlela yeNkosi a i lingani,
kodwa bona izindhlela zabo a zi lingani.
18 Ekubuyeni kolungileyo ekulungeni
kwake enze okubi, wo fa kuko.
19 Kanti ekubuyeni komubi ebubini
bake, enze ukwahlulela nokulunga, wo
pila ngako.
20 Kepa ni tyo ukuti, A i lingani
indhlela yeNkosi. Ndhlu ya seIsraeli,
ngo nahlula ilomuntu njengezindhlela
zake.
21 Kwa tike ngomnyaka weshumi na-
mbili, ngenyanga yeshumi ngosuku lwe-
sihlanu lokutunjwa kwetu, weza ki-
mi umuntu o sindileyo eJerusalema, wa
ti, Umuzi se u tyayiwe.
22 Kwa ti isandhla sika Jehova sa ba
pezu kwami kusihlwa, ngapambi koku-
fika kosindileyo; sa vula umlomo wami,
wa ze wa fika ekuseni; wa se u vulekile
umlomo wami nga ngi nga tuli futi.
23 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi
lika Jehova, lokuti.
24 Ndodana yomuntu, bona a ba hlezi
ezincitakalweni lezo zomhlabati wa se-
Israeli ba kuluma, be ti, uAbahama wa
e munye, wa ba nezwe; kepa tina si
ngabaningi; izwe li piwe ki tina li be
ifa.
25 Ngako yityo kubo, Njalo i tyo
iNkosi uJehova, Ni ya dhla negazi, ni
pakamisela ezitombeni amehlo enu, ni
palaze igazi; no ba nezwe nina na?
26 Ni yema pezu kwenkemba yenu,
nenze okunengekayo, ni ngcolise ilomu-
ntu umka mgane wake; no ba nezwe
nina na?
27 Wo kuluma njalo ku bona, Njalo i
tyo iNkosi uJehova; Kupila kwami,
impela bona a ba sezincitakalweni ba za
ku wa ngenkemba, naye o sebusweni
bomhlabati ngo m nika kuzo izilo zi m
dhle, nabo ba sezinqabeni, na semage-
dengwini ba ya kufa ngokufa.

28 Ngo ti ngenze izwe li be ihlane incitakalo, ku pele ubukosi bamandhla alo; izintaba za seIsraeli zona zo ba ihlane, ku nga biko odabulayo.

29 Ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova, lapo ngi bekile izwe li be ihlane, incitakalo, ngako ukunengeka konke a ba kwenzileyo.

30 Ku ti, wena Ndodana yomuntu, abantwana babantu bako ba kuluma ngawe ngasezindongeni, na ngaseminyango yezindhlu: bona ba kuluma omunye komunye ilomuntu kumfo wabo, be ti, Wozani manje, ni zwe ukuba li yini izwi e li pume kuye uJehova.

31 Ba ti ba ye za kuwe ngokokuza kwabantu, ba hlale pambi kwako njengabantu bami, be zwe amazwi ako, kanti a ba yi kwenza wona; ngokuba bona benza ngomlomo wabo okutandekayo, kodwa inhliziyo yabo i landela inzuzo embi.

32 Bhekake, wena u ku bona njengesihlabelelo esitandekileyo somunye o nezwi elihle, nolungile ukubeta ogubwini: ngokuba ba ye zwa amazwi ako, kanti a benzi wona.

33 Kepa lapo ku fikile loku, (bheka ku ye za!) lapo ba ya kwazi ukuba umazisi u be pakati kwabo.

## ISAHLUKO 34.

KWA ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

2 Ndodana yomuntu, yazisa nga kubo abalusi ba seIsraeli; wazise u tyo ku bona, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova kubo abalusi; Maye kubalusi ba seIsraeli a ba zifunzayo! a ngi ti abalusi nga be funze izimvu na?

3 Ni ya dhla amafuta; ni vate uboya, ni hlabe ezinonileyo, kepa a ni funzi izimvu.

4 Ezitambileyo a ni zi qinisanga, a ni pilisanga egulayo, a ni bopanga enyeleyo, a ni buyisanga exotyiweyo, a ni funisisanga elahlekileyo; kepa ni zi busile ngamandhla na ngohlupo.

5 Za ti za hlakazwa ngokuba wa e ngeko umalusi; za ba ukudhla kuzo zonke izilo zomhlabati, za hlakazeka zona.

6 Izimvu zami zeduka ezintabeni zonke, na pezu kwemimango yonke; yebo izimvu zami za hlakazwa ebusweni bezwe lonke, kwa ti, kwa ku ngeko ofunisisayo, no funayo.

7 Ngako balusi, yizwani izwi lika Jehova;

8 Kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, imbala ngokuba izimvu zami za ba impango, futi, izimvu zami za ba ukudhla kuzo zonke izilo zomhlabati, ku nga bi ko umalusi, futi abalusi bami a ba funisisanga izimvu zami, kepa abalusi ba zifunza, be nga funzi izimvu zami:

9 Ngako balusi, yizwani izwi lika Jehova.

10 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngi nga kubo abalusi; futi ngo biza izimvu zami esandhleni sabo, ngi ba yekise ukufunza izimvu; bona abalusi a ba zo zifunza futi; ngokuba ngo sindisa izimvu zami emlonyeni wabo, zi nga bi ukudhla ku bona.

11 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova, bheka mina ngo funisisa izimvu zami, ngi zi bekelele.

12 Njengokubekelela komalusi umhlambi wake ngosuku e se kona ngalo pakati kwezimvu zake ezihlakazekileyo; njalo ngo bekelela izimvu zami, ngi zi suse kuzo zonke izindawo lapo zi hlakazekele kona ngosuku lwamafu nobumnyama.

13 Ngi ya kuti ngi zi pumise kubantu, ngi zi bute kuwo amazwe, ngi zi zise emhlabatini wabo, ngi zi funze ezintabeni za seIsraeli, nga sezimfundeni, nasezindaweni zonke ezakiweyo zezwe.

14 Ngo zi funza edhlelweni elihle, nasezintabeni ezipakamileyo za seIsraeli ko ba kona inhlalo yazo; lapo zo cambalala enhlalweni enhle, na sedhlelweni elivundileyo zi ya kwaluka kona pezu kwezintaba seIsraeli.

15 Mina ngo funza izimvu zami, ngi zenze zi lale pansi, i tyo iNkosi uJehova.

16 Ngo funisisa okulahlekileyo, ngi buyise okuxotyiweyo, ngi bope okunyeleyo, ngi qinise okugulayo; kepa ngo cita okunonileyo nokunamandhla; ngi zi funze ngokwahlulela.

17 Kepa nina, Zimvu zami, njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina, ngi ya kwahlula pakati kwesilwane nesilwane, pakati kwezinqama nezimpongo.

18 Ku yinto encane kini ukuba ni dhlile idhlelo elihle, no nyatela pansi insalo yedhlelo lenu futi ngezinyawo zenu na? nokuba ni puzile kuwo amanzi ahlangeneyo, no dunga wona aseleyo futi ngezinyawo zenu na?

19 Kodwa izimvu zami zi ya dhla okunyatelweyo ngezinyawo zenu; zi puze okudungiweyo ngezinyawo zenu.

20 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova kuzo; Bheka mina ngi ya kwahlula pakati kwemvu enonileyo nemvu ezacileyo.

21 Ngokuba ni qubile ngohlangoti nangehlombe, ni tyayile ezigulayo zonke ngezimpondo zenu ni ze na zi hlakazela ngapandhle;

22 Ngako ngo sindisa izimvu zami, a zi yi ku ba impango futi; ngo ti ngahlule pakati kwesilwane nesilwane.

23 Ngi ya kuti ngi mise pezu kwazo umalusi munye, yena wo zi funza, ngi ti inceku yami uDavida; yena wo zi funza, a be umalusi wazo.

24 Futi mina Jehova ngo ba uTixo kuzo, inceku yami uDavida wo ba isikulu pakati kwazo; mina Jehova ngi tyilo.

25 Futi ngi ya kwenza nazo uvumelwano lokuhlala kahle, ngi qede izilo ezibi ezweni; zona zi zo hlala ehlane ngokwetemba, zi lale emahlatini.

26 Futi ngi ya kwenza zona, nezindawo ezi haqa intaba yami zi busiswe; ngo ti, ngehlise imvula ngesikati sayo; ku be kona izihlambi zokubusisa.

27 Ko ti umuti womhlabati u tele ukudhla kwawo, nomhlaba u tele isitelo sawo, zona zo ba nokwetemba emhlabatini, zi ya kwazi ukuba mina ngi nguJehova uma ngapula izibonda zeyokwe lazo, ngi zi sindise esandhleni sabo aba zikonzayo ngazo.

28 Zona a zi yi ku ba futi impango kuzo izizwe, nezilo zezwe a zi yi ku zi dhla; kepa zo hlala ngokwetemba, ku ngeko o ku zetusayo.

29 Ngo ti ngi vusele zona ihlumela elidumileyo, futi a zi yi ku ba ezi suswa ngendhlala ezweni, zi nga twali futi amahloni ezizwe.

30 Zona zi ya kwazi ukuba mina Jehova uTixo wazo ngi kuzo, nokuba zona zi ngabantu bami, indhlu ya seIsraeli, i tyo iNkosi uJehova.

31 Nina ni izimvu zami, ni izimvu zedhlelo lami, ni ngabantu, mina ngi nguTixo wenu, i tyo iNkosi uJehova.

## ISAHLUKO 35.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bako nga kuyo intaba iSira, wazise nga kuyo,

3 U tyo kuyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, Bheka mina ngi nga kuwe Ntaba Sira, ngo ti ngelule isandhla sami nga kuwe, ngi kwenze u be ihlane, incitakalo.

4 Ngo yenza imizi yenu i be incitakalo, u be ihlane nawe; u ya kwazi wena ukuba ngi nguJehova.

5 Ngokuba u be nenzondo njalo, u nikele amadodana a seIsraeli esandhleni senkemba ngesikati senkatazo yawo, ngesikati sokupela kokubi.

6 Ngako, kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, ngo ku lungisela igazi, ko ti igazi li ku landele; ngokuba a u zondanga igazi, igazi lo ku landela lona.

7 Ngi ya kuti ngenze intaba iSira i be ihlane, incitakalo, ngi nqume kuyo opumayo nobuyayo.

8 Ngo ti ngi gcwalise izintaba zayo ngabahlatyiweyo; emimangweni yako; na sezigodini zako, nasemifundeni yonke yako, abahlatyiweyo ngenkemba ba ya kuwa kuyo.

9 Ngi ya kwenza wena u be ihlane njalo njalo, a i yi ku buya nemizi yako; nina ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

10 Ngokuba u tyilo wena, Lezizizwe ezibili, nalamazwe amabili a ya kuba abami, tina so ba nalo; nokuba uJehova wa ba kona lapo.

11 Ngako, kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, ngi ya kwenza ngokolaka lwako, na ngokomona wako o wenzileyo ngokuzonda kwako nga ku wona; futi ngi ya kuzazisa kuwo, njenga loku ngi kwahlulile.

12 Wena u ya kwazi ukuba mina ngi nguJehova, nokuba ngi zwile ukufenyisa konke kwako o ku kulumile wena nga kuzo izintaba za seIsraeli, u ti, Zi citekile, zi piwe kiti ukuzidhla.

13 Ni gabisile nga kimi ngomlomo wenu, nandisile amazwi enu nga kimi; ngi zwile.

14 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ekujabuleni kwezwe lonke, ngi ya kwenza wena u be ihlane.

15 Njengokujabula kwako ngefa lendhlu ya seIsraeli, ngenxa yaloku i be ihlane, njalo ngi ya kwenza kuwe; wo ba ihlane wena Ntaba Sira, nEdomi lonke ukupela kwalo; bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

## ISAHLUKO 36.

WENAKE, Ndodana yomuntu, yazisa kuzo izintaba za seIsraeli, u tyo, Zintaba za seIsraeli, yizwani izwi lika Jehova.

2 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngokuba ozondayo u tyilo nga kimi, ukuti, Aha! izindawo ezipakamileyo zamandulo zi yifa letu.

3 Ngako yazisa u tyo; ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba ba ni cita, ba ni fisela ekuzungezeni, ukuze ni be ifa kuyo insalo yezizwe, futi ni patwa ezindebeni zohlebayo ngolimi, ni yisihlebo sabantu.

4 Ngako, Zintaba za seIsraeli, yizwani izwi leNkosi uJehova; Njalo i tyo iNkosi uJehova kuzo izintaba, na kuyo imimango, kuzo izifunda, na kuzo izigodi, na kuwo amahlane a yizincitakalo, na kuyo imizi e shiyiweyo, e be impango nesihleko kuyo insalo yezizwe ezizungezayo;

5 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Impela ngomlilo womona wami ngi kulumile nga kuyo insalo yezizwe, na nga kulo iEdomi lonke, e zi nikela izwe lami ku zona li be ifa ngenjabulo yenhliziyo yonke, ngokuzonda kompefumlo, ukuze, li lahlelwe impango.

6 Ngako yazisa ngomhlabati wa seIsraeli, u tyo kuzo izintaba na kuyo imimango, na kuzo izifunda, na kuzo izigodi, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina, ngi kulumile ngomona wami, na ngokuvuta kwami, ngokuba ni twalile amahloni ezizwe.

7 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova: Ngi pakamisile isandhla sami, Impela izizwe ezi ni zungezayo, zona zo twala ihlazo lazo.

8 Kepa nina Zintaba za seIsraeli no pumisela amagatya enu, ni telele izinhlamvu zenu kubantu bami abaIsraeli; ngokuba ba sondela be za.

9 Ngokuba bheka mina ngi kini, ngo pendukela nina, ni zo linywa ni hlwanyelwe:

10 Ngi ya kuti ngandise abantu pezu kwenu, indhlu yonke ya seIsraeli, ukupela kwayo: nemizi yo ba nabahlalayo, nezincitakalo zo yakwakiwa.

11 Futi ngi ya kwandisa pezu kwenu umuntu nesilwane, zi ya kwanda zi zale; ngi ni hlalise ezindaweni zenu zamandulo, ngi nenzele okuhle ku nakuqala; ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

12 Ngo ti ngi hambise pezu kwako abantu, ukuti abantu bami abaIsraeli; ba be nawe, u be ku bona ifa, u nga pindi u benze ba felwe abantu futi.

13 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngokuba ba tyo kuwe, Wena mhlaba u ya dhla abantu, u ngo zenze izizwe zako zi felwe abantu;

14 Ngako a u yi ku dhla abantu futi, u ngenzi izizwe zako zi felwe futi, i tyo iNkosi uJehova.

15 A ngi yi ku zwakalisa kuwe futi amahloni ezizwe, a u yi ku twala ihlazo labantu bako futi, a u yi ku putisa izizwe zako futi, i tyo iNkosi uJehova.

16 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

17 Ndodana yomuntu, lapo abendhlu ya seIsraeli ba be be hlala emhlabatini wabo, ba wu ngcolisa ngendhlela yabo na ngezenzo zabo, indhlela yabo pambi kwami i be njengokungcola kotombayo.

18 Nga ti nga tela pezu kwabo ukuvuta kwami ngenxa yegazi a ba li palaza pezu kwezwe, na ngezitombe zabo a ba li ngcolisa ngazo.

19 Nga ba hlakaza pakati kwezizwe, ba hlwanyelwa emazweni; nga bahlula njengendhlela yabo, na njengokwenza kwabo.

20 Ba ti ba ngena kuzo izizwe lapo ba ya kona, ba ngcolisa igama lami eli ingcwele, ngokutyo kuzo, ukuti, Laba ba ngabantu baka Jehova, ba pumile kulo izwe lake.

21 Kepa nga haukela ngenxa yegama lami eli ingcwele, a ba li ngcolisile abendhlu ya seIsraeli pakati kwezizwe lapo beza kona.

22 Ngako yityo kuyo indhlu ya seIsraeli, Njalo i tyo iNkosi uJehova; a ngenzi ngenxa yenu, Ndhlu ya seIsraeli, kodwa ngegama lami eli ingcwele, e ni li ngcolisile pakati kwezizwe lapo ni ye kona.

23 Ngi ya kuti ngenze li be ngcwele igama lami elikulu, elingcolisiweyo pakati kwezizwe, e ni li ngcolisile pakati kwazo; ko ti izizwe zazi ukuba ngi nguJehova, i tyo iNkosi uJehova, lapo ngenziwe ngcwele kini emehlweni azo.

24 Futi ngo ni tabata kuzo izizwe, ngi ni bute kuwo onke amazwe, ngi ni zise ezweni lakini.

25 Futi ngo fafaza pezu kwenu amanzi a cwengekileyo, nina ni ya kuhlanzeka kuko ukungcola konke kwenu, na kuzo zonke izitombe zenu ngo ni hlanza.

26 Inhliziyo entya ngo ni nika yona, nomoya omutya ngo wu faka ngapakati kwenu: ngi suse inhliziyo yetye kuyo

inyama yenu, ngi nike kini inhliziyo
yenyama.
27 Ngo beka umoya wami ngapakati
kwenu, ngi ni hambise emitetweni,
yami nina no gcina izahlulelo zami ni
zenze.
28 Nina ni zo hlala ezweni e nga li
nika kubo oyihlo benu, ni be abantu
kimi, mina ngo ba uTixo kini.
29 Mina ngo ni sindisa kuko ukungcola
konke kwenu; futi ngo bizela ukudhla,
ngi kwandise, ngi nga beki pezu kwenu
indhlala.
30 Futi ngo kwandisa ukudhla komuti,
nesitelo somhlabati, ngenxa yokuba ni
ngamkeli futi isijambiso sendhlala pa-
kati kwezizwe.
31 Lapo ni zo kumbula izindhlela ezi-
mbi zenu, nezenzo zenu e zi nga lungile;
ni zi dele emehlweni enu ngobubi benu,
nangokunengeka kwenu.
32 A ngenzi loku ngenxa yenu i tyo
iNkosi uJehova, ku ya kwaziwa kini;
yibani namahloni, ni jabe ngezindhlela
zenu, Ndhlu ya seIsraeli.
33 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngo-
suku e ngo ba se ngi ni hlanzile ngalo
kubo ububi bonke benu, ngo ni hlalisa
emizini, nezincitakalo zi ya kwakiwa.
34 Nezwe eli ihlane lo linywa, loku
la be li incitakalo emehlweni aba bonke
abadhlulayo.
35 Bona ba ya kutyo, ukuti, Lelilizwe
e li be li citakele li njengensimu ya
sEdene; nemizi e sabalaleyo e citekileyo
e hlakaziweyo, i biyiwe, i nabahleziyo.
36 Futi izizwe ezi seleyo ezi ni zunge-
zayo zi ya kwazi ukuba mina Jehova
ngi ya zaka izindawo ezihlakaziweyo ngi
tyale ezicitakeleyo: mina Jehova ngi
kulumile, ngi ya kwenza mina.
37 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngo
funwa ngaloku pela abendhlu ya se-
Israeli ukwenzela bona; ngo bandisa
ngabantu njengomhlambi.
38 Njengomhlambi wokuyingcwele,
njengomhlambi wa seJerusalema emi-
busweni yalo; njalo imizi esabalaleyo i
ya kuza i gcwale imihlambi yabantu;
bona ba ya kwazi ukuba ngi ngu-
Jehova.

## ISAHLUKO 37.

ISANDHLA sika Jehova sa ba pezu
kwami, sa ngi pumisa ngomoya ka-
Jehova sa ngi beka pansi ngapakati
kwesigodi, sona si gcwele amatambo.
2 Wa ngi dhlulisa nga kuwo ngoku-
zungeza: bhekake a be maningi kakulu
ebusweni besigodi, futi bheka a be omile
kakulu.
3 Lapo wa ti kimi, Ndodana yomuntu
a nga pila lawa matambo na? nga se
ngi pendula, Nkosi Jehova, uwena o
waziyo.
4 Lapo wa ti kimi, Yazisa pezu kwa-
matambo lawa, u tyo kuwo, ukuti, Ma-
tambo o womileyo, yizwani izwi lika
Jehova.
5 Njalo i tyo iNkosi uJehova kuwo
amatambo lawa, Bheka, ngo ngenisa
kini umoya, ni pile.
6 Ngo beka imisipa pezu kwenu, ngi
vuselele pezu kwenu inyama, ngi ni si-
bekele ngesikumba, ngi beke umoya pa-
kati kwenu, ni pile; ni ya kwazi ukuba
ngi nguJehova.
7 Nga se ngi yazisa njenga loku nga
yalelwa; kwa ti ngi sazisa, la ba kona
izwi, bhekake ukuzamazama, a ti ama-
tambo a sondela, itambo kulo itambo
lalo.
8 Nga bona mina, bhekake, imisipa
nenyama ya vela pezu kwawo, nesiku-
mba sa wa sibekela ngapezulu; kepa
umoya wa u ngeko kuwo,
9 Lapo wa ti kimi, Yazisa kuwo umo-
ya, yazisa Ndodana yomuntu, u tyo ku-
moya, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJe-
hova, Wo za moya u vela emimoyeni
emine, u futele pezu kwa laba abahla-
tyiweyo, ba pile.
10 Nga se ngi yazisa njengaloku wa ngi
yalela, kwa ti umoya we za kubo, ba
pila, bema ngezinyawo zabo impi enku-
lu kakulu impela.
11 Lapo wa ti kimi, Ndodana yomu-
ntu, lawa matambo a indhlu yonke ya
seIsraeli wona; bheka ba ya tyo ukuti,
Amatambo etu omile, itemba letu li la-
hlekile, si nqumekile.
12 Ngako yazisa, u tyo kubona, ukuti
Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka,
mina ngo vula amatuna enu, ngi ni ku-
pule ematuneni enu, Bantu bami, ngi ni
zise ezweni la seIsraeli.
13 Nina ni ya kwazi ukuba ngi ngu-
Jehova lapo ngo ba se ngi vulile amatu-
na enu, na lapo ngo ba se ngi ni kupuli-
le ematuneni enu, Bantu bami,
14 Lapo ngi ya kubeka umoya wa-
mi pakati kwenu, ni pile, lapo ngi ni
beke emhlabatini wenu; ni ya kwazi
ukuba mina Jehova ngi tyilo, ngi kwe-
nzile, u tyo uJehova.
15 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Je-
hova kimi, lokuti,

16 Wenake Ndodana yomuntu, tabata
kuwe uti lunye, u lobele uJuda pezu
kwalo, namadodana a seIsraeli abangane
bake; futi tabata uti olunye, u lobele
uJosefa pezu kwalo uti lwa sEfraimi, ne-
ndhlu yonke ya seIsraeli abangane bake.
17 U zi hlanganise olunye kolunye
kuwe, lu be uti lunye, zona zi ya kuba
uti lunye esandhleni sako.
18 Ku ya kuti lapo amadodana abantu
bako a tyo kuwe, ngokuti, A u yi ku
si tyela, yini loku kuwe na?
19 Yi tyo kubo, ukuti Njalo i tyo
iNkosi uJehova, Bheka mina ngo tabata
uti luka Josefa olu sesandhleni sika
Efraimi neminden ya seIsraeli abanga-
ne bake, ngi yi beke kuye, kulo uti luka
Juda, ngi zenze zi be uti lunye; zi ya
kuba uti lunye esandhleni sami.
20 Ku ya kuti izinti o loba kuzo zi be
esandhleni sako pambi kwamehlo abo.
21 Futi yityo kubo, ukuti, Njalo i tyo
iNkosi uJehova; Bheka mina ngo susa
abantwana ba seIsraeli kuwo amadodana
ezizwe lapo ba hambela kona, ngi ba
bute ekuzungezeni ngi ba zise emhlaba-
tini wabo.
22 Ngi benze isizwe sinye ezweni ezi-
ntabeni za seIsraeli; a ba sa yi ku hlu-
kaniselwa emibusweni emibili futi.
23 A ba yi ku zingcolisa futi ngezito-
mbe zazo, na ngokunengeka kwabo, na
ngokupambeka konke kwabo; kepa ngo
ba sindisa ezinhlalweni zonke zabo, lapo
bonile kona kuzo, ngi ba hlanze; ba ya
kuba kimi abantu, ngi be kubo uTixo.
24 Inceku yami uDavida wo ba inkosi
pezu kwabo; nomalusi munye wo ba
kubo bonke; ba zo hamba ezahlulweni
zami, ba lalele kuyo imiteto yami, ba
yenze.
25 Bona ba ya kuhlala ezweni e nga
nika lona kuyo inceku yami uJakobe,
a ba hlala kulo oyihlo benu; ba zo hlala
kulo bona, nabantwana babo, nabantwa-
na babantwana babo ku ze ku be pakade,
futi uDavida inceku yami yo ba inkosi
yabo pakade.
26 Futi ngi ya kwenza nabo uvume-
lwano lokuhlala kahle; lu ya kuba kubo
uvumelwano lwapakade; futi ngo ba
beka, ngi bandise, ngi beke okuyingcwe
le kwami pakati kwabo ku ze ku be pa-
kade.
27 Itente lami li ya kuba kubo; nami
ngo ba kubo ku ze ku be pakade, bona
bo ba kimi abantu.
28 Futi izizwe zi ya kwazi ukuba
mina Jehova ngi yenza abaIsraeli ba be
ngcwele, lapo okuyingcwele kwami ku
kona pakati kwabo ku ze ku be pakade.

## ISAHLUKO 38.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Jeho-
va kimi, lokuti.
2 Ndodana yomuntu bhekisa ubuso
bako nga kulo iGogi izwe lika Magogi
inkosi ikanda la seMesheki neTubali,
wazise nga kulo.
3 U tyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi
uJehova; Bheka mina ngi nga kuwe
Gogi nkosi kanda la seMesheki ne-
Tubali.
4 Mina ngo ku buyisela, emva ngi
fake amasondo emihlatini yako, ngi ku
pumise, nempi yonke yako, amahashi
nabamahashi bonke be gqoke okuhle
impela, ibandhla elikulu li nesihlangu
nehau, be pete izinkemba bonke.
5 iParasi, neKushi neFuti kanye nabo,
bonke be nehau nesigqoko sensimbi.
6 iGomere nezimpi zonke zalo; indhlu
ya seTogarma yezinhlangoti zenyakato,
nezimpi zonke zalo; abantu abaningi
kanye nawe.
7 Yiba u lungile, u zilungisela, wena,
nebandhla lonke lako eli hlanganisiwe
kuwe, u be umlindi kulo.
8 Emva kwezinsuku eziningi wo bo-
niswa; eminyakeni esemuva wo fika
ezweni e li buyisiwe kuyo inkemba, li
butiwe kubantu abaningi aba ngakuzo
izintaba za seIsraeli, e zi be zi sabalale-
kile njalo; kepa li pumisiwe kubantu,
bona ba zo hlala ngokutemba bonke.
9 Wo kupuka wena, njengesipepo wo
fika, wo ba njengefu ukusibekela izwe,
wena nezimpi zonke zako, nabantu aba-
ningi kanye nawe.
10 Njalo i tyo iNkosi uJehova, ukuti;
Ko ti nga lomhla izinkumbulo zo ngena
enhliziyweni yako, u cebe icebo elibi.
11 Wena u ya kutyo ukuti; Ngo ku-
pukela ezweni lemizi e nge naudonga;
ngo ngena kubo aba tulileyo be hlezi
ngokwetemba, bonke be hlezi ku ngeko
udonga, ku ngeko umyalo nesango kubo.
12 Ukupanga impango, nokwamuka
ngokwamuka; ukupendulela isandhla
sako pezu kwezindawo ezi sabalaleyo e
zi nabahleziyo, na nga kubantu a ba bu-
tiwe kuzo izizwe, be zuzile izinkomo ne-
ngcebo, be hlezi esiqongeni sezwe.
13 iSheba, neDedani, nabatengi ba se-
Tarshishi, nezingonyama ezintya zonke
zalo, zi ya kutyo kuwe, ukuti; U fikile

wena ukupanga impango na? u butile ibandhla lako ukwamuka na? ukususa isiliva negolide, ukutabata izinkomo nengcebo, ukupanga impango enkulu na?
14 Ngako, ndodana yomuntu, yazisa u tyo kuGogi Njalo i tyo iNkosi uJehova, ukuti; Ngosuku lolo aba hlezi ngokwetemba ngalo abantu bami abaIsraeli, a u yi ku kwazi na?
15 Ko ti u ze wena u vele ezindaweni zako ezinhlangotini za senyakato, wena, nabantu abaningi kanye nawe, be kwele emahashini bonke, ibandhla elikulu nempi enkulu:
16 Ku ya kuti u kupukele nga kubantu abaIsraeli, njengelifu ukusibekela izwe; ko ba ngezinsuku ezi semuva, mina ngo ku zisa nga kubantu bami, ukuze izizwe zazi mina, lapo ngo kwenziwe ngcwele kuwe, Gogi, pambi kwamehlo azo.
17 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Wena u nguye e nga kuluma ngaye ngezinsuku zamandulo, ngesandhla sezinceku zami abazisi ba seIsraeli, a bazisa ngezinsuku lezo, iminyaka ukuzisa wena ngakubo na?
18 Ko ti ngosuku lolo, ngosuku iGogi li zo za ngalo pezu komhlabati wa seIsraeli i tyo iNkosi uJehova, ukuvuta kwami ko kupukela emakaleni ami.
19 Ngokuba ngomona wami, na ngomlilo wolaka lwami ngi tyilo, Impela ngalolosuku ko ba kona ukututumala okukulu emhlabatini wa seIsraeli;
20 Zi ya kuti zi tutumale ebusweni bami izinhlanzi zolwandhle nezinyoni zezulu, nezilo zomhlabati, nezikasayo zonke e zi kasa emhlabatini, nabantu bonke a ba sebusweni bomhlabati; nezintaba zo wiswa pansi, namawa o wa pansi, nezindonga zonke zo wa pansi emhlabeni.
21 Ngi ya ku biza inkemba nga kuye ezintabeni zonke zami, i tyo iNkosi uJehova, inkemba yomuntu yo ba nga kuye umfo wabo.
22 Futi ngo mahlulela ngesifo na ngegazi; ngo netisa pezu kwalo, na pezu kwezimpi zalo, na pezu kwabantu abaningi a ba kulo imvula edhlulayo, nesiqoto, nomlilo nosolufa.
23 Mina ngo zikulisa, ngi zenze ngcwele; ngaziwe emehlweni ezizwe eziningi, zi ya kwazi zona ukuba ngi nguJehova.

## ISAHLUKO 39.

WENAKE Ndodana yomuntu, yazisa ngakuye uGogi u tyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina, ngi nga kuwe, Gogi nkosi kanda la seMesheki neTubali.
2 Ngo ti ngi ku buyise, ngi ku hole ngi ku kupule kuzo izinhlangoti zenyakato, ngi ku zise pezu kwezintaba za seIsraeli:
3 Ngo ti ngi tyaye pansi esandhleni sokohlo sako umcibityelo wako, ngi wise nemisebe yako esandhleni sokunene sako.
4 Wo wa pansi ezintabeni za seIsraeli, wena, nezimpi zako zonke, nabantu a ba kuwe; ngo ku nika kuzo izinyoni ezihlwitayo zezinhlobo zonke nezilo zomhlabati, ukudhliwa.
5 U zo wa pansi ebusweni bomhlabati; ngokuba mina ngi tyilo, i tyo iNkosi uJehova.
6 Ngo ti ngi tume umlilo kuye uMagogi na kubo a ba hlezi ngokwetemba eziqingeni; ba ya kwazi bona ukuba ngi nguJehova.
7 Ko ti ngenze laziwe igama lami eli ingcwele pakati kwabantu bami abaIsraeli; a ngi yi ku ngcolisa igama lami eli ingcwele futi; zona izizwe zi ya kwazi ukuba mina Jehova, ngi ngOingcwele eIsraeli.
8 Bheka se ku fikile, se kwenziwe i tyo iNkosi uJehova; ilona usuku e nga kuluma ngalo.
9 Bona a ba hlezi emizini ya seIsraeli bo puma, ba pembe ba tyise izikali kanye nesihlangu nehau, nemicibityelo nemisebe, nenduku yesandhla, nomkonto, ba zi tyise ngomlilo iminyaka eyisikombisa.
10 Bona a ba yi ku tabata imiti kuwo umhlabati, be nga gauli kuwo amahlati; ngokuba ba zo tyisa izikali ngomlilo: ba pange bona a ba ba pangileyo, bamuke bona a ba bamukileyo i tyo iNkosi uJehova.
11 Ko ti nga lomhla ngi nike kuye uGogi indawo lapo yamatuna eIsraeli, isigodi sabahambi ngasempumalanga kolwandhle: yona yo vimbela abahambi; ba mbela lapo uGogi nesixuku sonke sake; ba yi bize Isigodi seHamon-Gogi.
12 Ku ya kuti indhlu ya seIsraeli i si mbele, i hlanze izwe izinyanga ezi isikombisa.
13 Yebo, bonke abantu bezwe ba ya ku si mbela; ko ba kubo udumo ngosuku e ni zo dunyiswa ngalo, i tyo iNkosi uJehova.

14 Bo ti ba hlukanisele abantu njalo, ba dhlulele ezweni ba mbele kanye nabadhluleyo bona a ba wile ebusweni bezwe uku li hlanza;

15 Lapo abadhlulayo ba dabula izwe, uma umuntu a bone amatambo omuntu, lapo wo faka umboniso nga kuwo, ba ze ba wa sibekele abambelayo esigodini se-Hamon-Gogi.

16 Futi igama lomuzi lo ba iHamona. Bona ba zo hlanza izwe.

17 Wenake Ndodana yomuntu, njalo i tyo iNkosi uJehova; Yityo kuyo izinyoni zezinhlobo zonke, na kuzo zonke izilo zomhlabati, ukuti, Zihlanganiseni, ni ze; ni butane ekuzungezeni pezu kokuhlaba kwami e ngi ku hlabela nina, ukuhlaba okukulu ezintabeni za seIsraeli, nina ni ya kudhla inyama, ni puze igazi.

18 Ni ya kudhla inyama yeziqwaka, ni puze igazi lamakosi ezwe; lezinqama, ne lezimvana, nelezimbuzi, nelezinkomo, amanoni a seBashane onke.

19 Ni ya kudhla amafuta ni ze ni sute, ni puze igazi ni ze ni dakwe, ekuhlabeni kwami e ngi hlabele nina.

20 Nina no suta etebuleni lami ngamahashi nezinewele neziqwaga, na ngamadoda okulwa onke, i tyo iNkosi uJehova.

21 Ngi ya kuti ngi beke ubukosi bami pakati kwezizwe, nezizwe zonke zo bona ukwahlulela kwami e ngi kwenzileyo, nesandhla sami e ngi si beke pezu kwazo.

22 Ko ti indhlu ya seIsraeli i ya kwazi ukuba ngi nguJehova uTixo wabo ku suke ku lolosuku na pambili.

23 Lapo izizwe zi ya kwazi ukuba indhlu ya seIsraeli ya ya ekutunjweni ngobubi bayo; ngenxa yokuba ba kohlisa nga kimi, mina nga sibekela ubuso bami kubo, nga ba nikela esandhleni sezita zabo, ba wa bonke ngenkemba.

24 Njengokungcola kwabo, na njengokupambeka kwabo ngenza ku bona, mina nga sibekela ubuso bami kubo.

25 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Manje ngo buyisa isitunjwa sa seJakobe, ngi haukele indhlu yonke ya seIsraeli, ngi be nomona ngegama lami eliyingcwele.

26 Bona ba twalile ukujambiswa kwabo, nenkohliso yonke yabo a ba kohlisa ngayo nga kimi, lapo ba hlala ngokwetemba emhlabatini ku ngeko otusayo,

27 Lapo ngi ba buyisile kubantu, ngi ba butile emazweni ezita zabo, ngenziwe ngcwele kubo emehlweni ezizwe eziningi:

28 Bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova uTixo wabo, ngoku ngi tumbisa bona pakati kwezizwe; kepa ngi ba butile emhlabatini wabo; futike a ngi shiyanga lapo umuntu wabo.

29 Futi a ngi yi ku sibekela ubuso bami kubo, ngokuba ngi telile umoya wami pezu kwendhlu ya seIsraeli, i tyo iNkosi uJehova.

## ISAHLUKO 40.

NGOMNYAKA wamashumi amabili nesihlanu wokutunjwa kwetu, ngokuqala komnyaka, ngosuku lweshumi lwenyanga, ngomnyaka weshumi nane emva kokuba, umuzi wa be u tyayiwe, ngosuku lona lolo isandhla sika Jehova sa ba pezu kwami, wa ti wa ngi zisa lapo.

2 Ngezibonakalo zikaTixo wa ngi zisa ezweni la seIsraeli, wa ngi hlalisa pezu kwentaba ende kakulu, na pezu kwayo kwa ba njengezako zomuzi ngaseningizimu.

3 Wa ti wa ngi zisa kona, bhekake, umuntu isimo sake si njengesimo setusi, intambo yelineni ya ba sesandhleni sake, nohlanga lokulinganisa; wema yena esangweni.

4 Lapo umuntu wa tyo kimi, ukuti, Ndodana yomuntu, bheka ngamehlo ako, u zwe ngezindhlebe zako, u beke inhliziyo yako kuko konke e ngi ku bonisa kuwe; ngokuba, ukuze ngi ku bonise u zisiwe lapa; tyela konke o ku bonayo kuyo indhlu ya seIsraeli.

5 Bhekake udonga ngapandhle kwendhlu ekuzungezeni, na sesandhleni somuntu uhlanga lokulinganisa lu be izingalo ezitupa ngokwengalo nempama; wa ti wa linganisa ububanzi bodonga uhlanga lunye, nokupakama kwazo uhlanga lunye.

6 Lapo we za kulo isango okubuka kwalo ku sendhleleni ya sempumalanga, wa kupuka ngezinyatelo zokukwela zalo, wa linganisa umgulugulu wesango uhlanga lunye ngobubanzi, nomgulugulu omunye uhlanga lunye ngobubanzi.

7 La ti ikamelo ileli la be uhlanga lunye ngobude nohlanga lunye ngobubanzi; napakati kwamakamelo amancinyane izinhlanga ezi isihlanu; nomgulugulu wesango ngasendhlini yesango ngapakati u be uhlanga lunye.

8 Wa linganisa nopahla lwesango
ngapakati, uhlanga lunye.
9 Wa ti wa linganisa nopahla lwesa-
ngo izingalo ezishiyagalombili; nezi-
nsika zalo izingalo ezimbili; ya ti
indhlu yesango ya ba ngapakati.
10 A ti amakamelo amancinyane esa-
ngo e la bheka indhlela yempumalanga
a be matatu ngalapo; isilinganiso sinye
si be kuwo amatatu; nesilinganiso sinye
kuzo izinsika ngalapa na ngalapa.
11 Wa ti wa linganisa ububanzi bo-
mkati wesango, izingalo ezi ishumi no-
bude besango, izingalo ezi ishumi na-
ntatu.
12 Futi umkaulo ngapakati kwama-
kamelo, ingalo inye nga lapa, nengalo
inye umkaulo ngalapo; a ti amakamelo
a ba izingalo ezi isitupa ngalapa, nezi-
ngalo ezi isitupa ngalapa.
13 Wa ti wa linganisa isango ku suke
opahlweni lwekamelo elinye ku fike
opahlweni olunye, ububanzi bu be izi-
ngalo ezingamashumi amabili nesihlanu,
umnyango pambi komnyango.
14 Wenza futi izinsika e zi be izinga-
lo ezingamashumi atatisitupa, ku nayo
insika yetanga lesango ngokuzungeza.
15 Na sebusweni besango lokungena
kubo ubuso bendhlu yesango elingapa-
kati, izingalo ezingamashumi ama-
hlanu.
16 Za ba kona izibuko ezivaliweyo
kuwo amakamelo na kuzo izinsika za-
wo ngapakati kwesango ekuzungezeni,
na njalo kuzo izindhlu ezengamayo;
nezibuko zi be ngapakati ekuzungeze-
ni; na sensikeni a be kona amasundu.
17 Lapo wa ngi ngenisa etangeni eli-
ngapandhle, bhekake, a be kona ama-
kamelo nokugandaywa kwamatye enzi-
we kulo itanga ekuzungezeni, amakame-
lo a ngamashumi amatatu a be kuko uku-
gandaywa.
18 Kwa ti ukugandaywa kwaseceleni
lamasango malungana nobude bamasa-
ngo, kwa be ku ukugandaywa okuseza-
nsi.
19 Lapo wa linganisa ububanzi ku su-
ke ebusweni besango elisezansi, kubo
ubuso betanga elingapakati, ngapandhle
bu be izingalo ezi ikulu empumalanga
na senyakato.
20 Nesango kulo itanga elingapandhle
okubuka kwalo ku be sendhleleni ye-
nyakato, wa linganisa ubude balo, no-
bubanzi balo.
21 A ti amakamelo alo a ba matatu
nga lapa, amatatu ngalapa; nezinsika
zalo nezindhlu ezengamayo zalo zi be
njengokulinganisa kwesango lokuqala;
ubude balo bu be izingalo ezingama-
shumi amahlanu, nobubanzi bu be izi-
ngalo ezingamashumi amabili nesi-
hlanu.
22 Nezibuko zalo, nezindhlu ezenga-
mayo zalo, namasundu alo ku be nje-
ngesilinganiso sesango okubuka kwalo
ku be sendhleleni ya sempumalanga;
ba ti ba kupukela kulo ngezinyatelo zo-
kukwela ezi isikombisa, za ti izindhlu
ezengamayo zi ba pambili kwabo.
23 La ti isango letanga elingapakati
la ba nga kulo isango e li bheke enya-
kato na sempumalanga; yena wa linga-
nisa ku suke esangweni ku ze ku be
sesangweni izingalo ezi ikulu.
24 Lapo wa ngi yisa ngendhlela ya-
seningizimu, bhekake isango ngase-
ndhleleni ya seningizimu; wa ti wa
linganisa izinsika zalo, nezindhlu eze-
ngamayo zalo njengezilinganiso lezo.
25 Za ti za ba kona izibuko kulo, na-
sezindhlini ezengamayo ekuzungezeni,
njengezibuko lezo; ubude bu be izi-
ngalo ezingamashumi amahlanu, nobu-
banzi bu be izingalo ezingamashumi
amabili nesihlanu.
26 Za ti za ba kona izinyatelo zoku-
kwela ezi isikombisa, futi izindhlu eze-
ngamayo zi be pambili kwazo; li be
namasundu kulo, elinye ngalapa ne-
linye ngalapa ezinsikeni zalo.
27 La ba kona isango kulo itanga
elingapakati ngendhlela ya seningi-
zimu; wa ti wa linganisa ku suke esa-
ngweni ku ze ku be sesangweni nge-
ndhlela ya seningizimu izingalo ezi
ikulu.
28 Lapo wa ngi zisa kulo itanga eli-
ngapakati kulo isango la seningizimu;
wa se e linganisa isango la seningizimu
njengezilinganiso lezi.
29 Namakamelo alo, nezinsika zalo,
nezindhlu ezengamayo zalo, njengezi-
linganiso lezi; za ti za ba kona izibuko
kulo na kuzo izindhlu ezengamayo zalo
ekuzungezeni; ubude bu be izingalo
ezingamashumi amahlanu, nobubanzi
bu be izingalo ezingamashumi amabili
nesihlanu.
30 Ba ti ubude bezindhlu ezengamayo
ekuzungezeni ba ba izingalo ezinga-
mashumi amahlanu, nobubanzi ba izi-
ngalo ezi isihlanu.
31 Za ti izindhlu ezengamayo zalo za

ba ngasetangeni elingapandhle; a ti amasundu a ba sezinsikeni zalo; nokukupuka kwalo ku be nezinyatelo zokukwela ezishiyagalombili.

32 Lapo wa ngi zisa etangeni elingapakati ngasendhleleni ya sempumalanga wa linganisa isango njengezilinganiso lezi.

33 Namakamelo alo, nezinsika zalo, nezindhlu ezengamayo zalo, njengezilinganiso lezi; za ti za ba kona izibuko kulo, na kuzo izindhlu ezengamayo zalo ekuzungezeni; ubude bu be izingalo ezingamashumi amahlanu, nobubanzi bu be izingalo ezingamashumi amabili nesihlanu.

34 Za ti izindhlu ezengamayo zalo za ba ngasetangeni elingapandhle; futi a be kona amasundu ezinsikeni zalo ngalapa na ngalapa; nokukupuka kwalo ku be nezinyatelo zokukwela ezishiyagalombili.

35 Lapo wa ngi zisa kulo isango la senyakato, wa linganisa njengezilinganiso lezi;

36 Amakamelo alo, nezinsika zalo, nezindhlu ezengamayo zalo, nezibuko zalo ekuzungezeni; ubude bu be izingalo ezingamashumi amahlanu, nobubanzi bu be izingalo ezingamashumi amabili nesihlanu.

37 Za ti izinsika zalo za zi ngasetangeni elingapandhle; futi amasundu a be sezinsikeni zalo ngalapa na ngalapa; nokukupuka kulo ku be nezinyatelo zokukwela ezishiyagalombili.

38 A ti amakamelo nokungena kwawo a ba ngasezinsikeni zamasango, lapo ba hlanza kona umnikelo wokutyiswa.

39 Endhlini yesango a be kona amatebula amabili ngalapa namatebula amabili ngalapa, ukuhlabela pezu kwawo umnikelo wokutyiswa nowesono noweceala.

40 Na seceleni ngapandhle ekukupukeni kuko ukungena kwesango la senyakato a be kona amatebula amabili; naseceleni elinye e li sendhlini yesango a be kona amatebula amabili.

41 Amatebula amane a be ngalapa, namatebula amane a be nga lapa ngaseceleni lesango; amatebula ashiyagalombili, lapo ba hlaba pezu kwawo.

42 A ti amatebula amane omnikelo wokutyiswa a ba amatye abaziweyo, ubude bu be ingalo inye nenxenye, nobubanzi ku be ingalo inye nenxenye, nokupakama ku be ingalo inye; a ba beka pezu kwawo izikali a ba hlaba ngazo umnikelo wokutyiswa nohlatywayo.

43 Nezigwegwe zempama inye zi misiwe ekuzungezeni ngapakati; na sematebuleni i be kona inyama yomnikelo.

44 Kwa ti ngapandhle kwesango elingapakati a ba kona amakamelo abahlabeleli etangeni elingapakati e li seceleni kwesango la senyakato; kwa ti ukubuka kwawo kwa ba sendhleleni ya seningizimu; elinye li be seceleni lesango la sempumalanga, kwa ti ukubuka kwalo kwa ba sendhleleni yasenyakato.

45 We se e tyo kimi, ukuti, Lelikamelo okubuka kwalo ku sendhleni ya seningizimu li elabateteleli, abagcini benkonzo yendhlu.

46 Nalelikamelo okubuka kwalo ku sendhleleni ya senyakato li elabateteleli abagcini benkonzo belati; bona ba ngamadodana ka Zadoki, a pakati kwamadodana ka Levi aba sondela kuJehova ukukonza.

47 Lapo wa linganisa itanga, ubude bu be izingalo ezi ikulu, nobubanzi bu be izingalo ezi ikulu, li nezinhlangoti ezine; la ti ilati la li ngapambili kwendhlu,

48 Wa se e ngi zisa kuyo indhlu yesango lendhlu, wa linganisa insika yendhlu yesango, izingalo ezi isihlanu zi be nga lapa, nezingalo ezi isihlanu zi be ngalapa; ba ti ububanzi besango ba ba izingalo ezintatu ngalapa, nezingalo ezintatu ngalapa.

49 Ubude bendhlu yesango bu be izingalo ezingamashumi amabili, nobubanzi bu be izingalo ezi ishumi nanye; wa ti wa ngi zisa kuzo izinyatelo zokukwela a ba kupukela ngazo kulo; za zi kona isinsika ngakwezinye esinye nga lapa nesinye nga lapa.

## ISAHLUKO 41.

WA ngi zisa etempelini, wa linganisa izinsika za ba izingalo ezi isitupa ngobubanzi ngalapa, nezingalo ezi isitupa ngobubanzi nga lapa, ububanzi betempeli.

2 Nobubanzi bomnyango ba ba izingalo ezi ishumi; namacele omnyango izingalo ezi isihlanu ngalapa nezingalo ezi isihlanu ngalapo; wa linganisa ubude bawo ba ezingamashumi amane nobubanzi izingalo ezingamashumi amabili.

3 Lapo wa ngena ngapakati, wa linga-

nisa izinsika zomnyango, izingalo ezimbili; nomnyango, izingalo ezi isitupa; nobubanzi bomnyango, izingalo ezi isikombisa.

4 Futi wa linganisa ubude bawo izingalo ezingamashumi amabili; nobubanzi izingalo ezingamashumi amabili ebusweni betempeli; wa se e ti kimi, Lendawo i yingcwele yoku ingcwele.

5 Lapo wa linganisa udonga lwendhlu izingalo ezi isitupa; nobubanzi bekamelo, emaceleni, izingalo ezine, ekuzungezeni kwendhlu emaceleni onke.

6 A ti amakamelo a semaceleni a ba matatu, ikamelo pezu kwekamelo, kwa pindwa ngamashumi amatatu; a ti a ngena odongeni olu sendhlini ngasemakamelweni ekuzungezeni a be nokubambelela, kepa a ka banga nakubambelela kulo udonga lwendhlu.

7 Kwa ti kwa ba banzi, kwa zungelezwa ekukupukeni kuwo amakamelo a semaceleni, ngokuba ukuzungeza kwendhlu kwa ba sekwenyukeni njalo ekuzungezeni kwendhlu; ngako ububanzi ba ba sekwenyukeni, kwa ti kwa kupuka njalo ku suke kwelipansi ku fike kulo elipezulu ngapakati.

8 Nga ti nga bona ukupakama kwendhlu ekuzungezeni; izisekelo zamakamelo za pelela uhlanga lwezingalo ezi isitupa ekuhlanganisweni kwazo.

9 Ububanzi bodonga o lu semakamelweni nga pandhle, bu be izingalo ezi isihlanu; kwa ti loku okushiyelweyo ku be indawo yamakamelo angapakati.

10 Kwa ti ngapakati kwamakamelo kwa ba kona ububanzi bezingalo ezingamashumi amabili ekuzungezeni kwendhlu ngezinhlangoti zonke.

11 Kwa ti umnyango wekamelo wa ba nga kuko okushiyelweyo, umnyango omunye ngasendhleleni ya senyakato, nomnyango omunye ngaseningizimu; futi ububanzi bendawo eshiyelweyo bu be izingalo ezinhlanu ekuzungezeni.

12 Nendhlu e kona ngapambili kwendawo ehlukanisiweyo ohlangotini lwa sentyonalanga i be izingalo ezingamashumi a isikombisa ububanzi bayo; futi udonga lwendhlu lu be izingalo ezinhlanu ububanzi balo ekuzungezeni, nobude balo bu be izingalo ezingamashumi ashiyagalolunye.

13 Wa ti wa linganisa indhlu, izingalo ezi ikulu ubude bayo; nendawo ehlukanisiweyo, nendhlu, kanye nezindonga zayo, izingalo ezi ikulu ubude;

14 Nobubanzi bobuso bendhlu, nendawo ehlukanisiweyo ngasempumalanga bu be izingalo ezi ikulu.

15 Wa linganisa ubude bendhlu ngapambi kwendawo ehlukanisiweyo e bi semuva kwayo, nezindhlu ezengamayo zayo ngalapa na ngalapa, izingalo ezi ikulu, kanye netempeli elipakati, nezindhlu zetanga;

16 Izinsika zeminyango, nezibuko ezivaliweyo, nezindhlu ezengamayo ekuzungezeni kuzo izindhlu ezintatu esinye pezu kwesinye, nga pambi kwomgulugulu ku be iplankwe lomuti ekuzungezeni, ku suke emhlabtini ku fike ezibukweni, za sibekelwa nezibuko.

17 Kuko o ku pezu komnyango, na ku ko o ku sendhlini ngapakati, na nga pandhle, na ngasodongeni lonke ekuzungezeni ngapakati nangapandhle ngezilinganiso.

18 Kwenziwe ngamakerubi namasundu, la ti isundu la ba pakati kwekerubi nekerubi, kwa ba kona ubuso obubili kulo ikerubi.

19 Bu te ubuso bomuntu ba ba kulo isundu ngalapa nobuso bengonyama entya kulo isandu ngalapa; kwenziwa kuyo yonke indhlu ekuzungezeni.

20 Ku suke emhlabeni ku ze ku be pezu komnyango a be kona amakerubi namasundu enziweyo, ukuti odongeni lwetempeli.

21 Izinsika zomnyango zetempeli, za ba nezinhlangoti ezine; kwa ti ngobuso boku ingcwele isimo sobunye sa ba njengesimo sobunye.

22 Ilati lomuti li be izingalo ezintatu ngokudepa, nobude balo bu be izingalo ezimbili; amagumbi alo, nobude balo nezindonga zalo, zi be umuti; Yena wa ti kimi, Yileli itebula e li pambi kuka Jehova.

23 Ya ti ya ba kona imivalo emibili kulo itempeli na kuko oku ingcwele.

24 Za ti za ba kona izicaba ezimbili kuyo imivalo emibili ependukayo; izicaba ezimbili kuwo umvalo omunye, nezicaba ezimbili kuwo omunye.

25 Kwa ti kwenziwa ku yona, imivalo yetempeli, amakerubi namasundu, njengaloku enziwa ezindongeni; nomgulugulu womuti ebusweni bendhlu yomnyango ngapandhle.

26 Nezibuko ezivaliweyo namasundu ngalapa nangalapa, ngasemaceleni endhlini yomnyango na kuwo amakamelo endhlu, na kuyo imigulugulu.

## ISAHLUKO 42.

LAPO wa ngi yisa etangeni elingapandhle, ngendhlela e bheka ngasenyakato; wa ngi zisa ekamelweni e li nga pambili kwendawo ehlukanisiweyo, e li be pambili kwendhlu ya senyakato.

2 Ebusweni bobude bezingalo ezi ikulu u be kona umnyango wa senyakato, futi ubude bu be izingalo ezingamashumi amahlanu.

3 Nga pambili kwezingalo ezingamashumi amabili kulo itanga elingapakati, na nga pambili kokugandaya o ku be setangeni elingapandhle, izindhlu ezengamayo zi be sebusweni bezindhlu ezengamayo ngezinhla ezintatu ezinye pezu kwezinye.

4 Na ngapambili kwamakamelo kwa ba kona indhlela yezingalo ezi ishumi ngobubanzi ngapakati, indhlela yengalo inye; neminyango yawo ngasenyakato.

5 Kwa ti amakamelo angapezulu a finyela; ngokuba izindhlu ezengamayo zi be zinkulu ku nazo ezingapansi, na kuzo ezingapakati kwendhlu.

6 Ngokuba amakamelo a be nezinhla ezintatu ezinye pezu kwezinye, kepa za zi ngeko izinsika kuwo a pezulu njengezinsika zamatanga; ngako a finyezwa kunawo a ngapansi, na ku nawo a ngapakati ku suke emhlabatini.

7 Lwa ti udonga o be lu ngapandhle malungana namakamelo ngendhlela yetanga elingapandhle, ngapambi kwamakamelo, ubude balo bu be izingalo ezingamashumi amahlanu.

8 Ngokuba ubude bamakamelo a be setangeni elingapandhle bu be izingalo ezingamashumi amahlanu, bhekake, ngapambi kwetempeli ku be izingalo ezi ikulu.

9 Ku te ngapansi kwamakamelo lawa, kwa ba kona ukungena kwa sempumalanga, ekungeneni komuntu kuwo e vele etangeni elingapandhle.

10 Amakamelo a be ebubanzini bodonga lwetanga ngendhlela ya sempumalanga, ngapambi kwendawo ehlukanisiweyo, na ngapambili kwendhlu.

11 Ku te indhlela ngapambi kwawo i be njengesimo samakamelo a be sendhleleni ngasenyakato, njengobude bawo, na njengobubanzi bawo; nokupuma kwawo konke ku be njengemikuba yawo, na njengeminyango yawo.

12 Na njengeminyango yamakamelo a be sendhleni ya seningizimu, u be njalo umnyango ekandeni lendhlela, indhlela ngapambi kodonga olu seduze nendhlela ya sempumalanga ekungeneni kuwo.

13 Lapo wa ti kimi, Amakamelo a senyakato, namakamelo a seningizimu, a nga pambi kwendawo ehlukanisiweyo, wona a ngamakamelo a ingcwele, lapo abateteleli a ba sondela kuJehova be ya ku dhla kona loku oku ingcwele kokuingcwele; lapo ba zo hlalisa kona loko oku ingcwele koku ingcwele, ukuti, umnikelo wokudhla, no wezono, no wamacala; ngokuba indawo i ingcwele.

14 Lapo abateteleli be ngena, a ba yi ku puma endaweni e ingcwele kulo itanga elingapandhle, na lapo ba ya ku hlalisa izambato zabo a ba konza pakati ngazo; ngokuba ba ingcwele bona; bo faka izambato ezinye, ba sondele kuko o ku kubantu.

15 Lapo e se qedile ukulinganisa indhlu engapakati, wa ngi pumisa ngendhlela yesango obuso balo bu sendhleleni ya sempumalanga, wa yi linganisa ekuzungezeni.

16 Wa linganisa uhlangoti lwa sempumalanga ngohlanga lokulinganisa, izinhlanga ezingamakulu amahlanu, ngohlanga lokulinganisa ekuzungezeni.

17 Wa linganisa uhlangoti lwa senyakato izinhlanga ezingamakulu amahlanu, ngohlanga lokulinganisa ekuzungezeni.

18 Uhlangoti lwa seningizimu wa lu linganisa, izinhlanga ezingamakulu amahlanu, ngohlanga lokulinganisa.

19 Wa penduka ohlangotini lwa sentyonalanga, wa linganisa izinhlanga ezingamakulu amahlanu ngohlanga lokulinganisa.

20 Ngezinhlangoti ezine wa yi linganisa; udonga lu be kuwo ekuzungezeni, ubude bu be izinhlanga ezingamakulu amahlanu, ukuhlukanisa pakati koku ingcwele nokungahlanzekile.

## ISAHLUKO 43.

LAPO wa ngi yisa kulo isango, isango obuso balo bu sendhleleni yasempumalanga:

2 Bhekake, ukukazimula kukaTixo ka Israeli kweza ku vele endhleleni ya sempumalanga; la ti izwi lake la ba njengezwi lamanzi amaningi; wa ti umhlaba wa kazimula ngokukazimula kwake.

3 Kwa ti kwa ba njengesimo sesibona-

kaliso e nga si bonayo, njengesibonaka-
liso e nga si bonayo lapo ngeza ukucita
umuzi, futi izibonakaliso zi be njengesi-
bonakaliso e nga si bonayo ngasemfule-
ni uKebari; nga ti nga wa ngobuso
bami.
4 Kwa ti ukukazimula kuka Jehova
kweza endhlini ngendhlela yesango eli
bheka nga sempumalanga.
5 Wa ti umoya wa ngi pata, wa ngi
zisa kulo itanga eli ngapakati; kwa ti,
ukukazimula kuka Jehova kwa gcwali-
sa indhlu.
6 Nga ti nga mu zwa e kuluma kimi
ngapakati kwendhlu; futi umuntu wa
be e mi nga kimi.
7 Yena wa ti kimi, Ndodana yomu-
ntu, indawo yesihlalo sami sobukosi,
nendawo yokwenabela kwami, lapo
ngo hlala kona pakati kwamadodana a
seIsraeli ku ze ku be pakade, negama
lami eli ingcwele, amadodana a se Isra-
eli a ka yi ku li ngcolisa futi, wona, na-
makosi awo, ngokupinga kwawo, na
ngezidumbu zamakosi awo ezindaweni
zawo ezipakamileyo.
8 Ngokumisa umgulugulu wawo ku-
wo umgulugulu wami, nezinsika zawo
ngakuzo izinsika zami, nodonga pakati
kwami nawo, futi a ngcolisile igama la-
mi ngokunengeka kwawo a kwenzileyo;
ngako ngi dhlile wona olakeni lwami.
9 Kaloku ma ka suse kimi ukupinga
kwawo, nezidumbu zamakosi awo, ngo
ti ngi hlale pakati kwawo ku ze ku be
pakade.
10 Wena Ndodana yomuntu, bonisa
abendhlu ka Israeli, indhlu, ba be na-
mahloni ngokunengeka kwabo; futi ma
ba linganise umfanekiso.
11 Noma ba be namahloni ngako ko-
nke a ba kwenzileyo, yazisa bona isimo
sendhlu, nomkuba wayo, nokupuma
kwayo, nokungena kwayo, nezimo zo-
nke zayo, neziyalelo zonke zayo, nezimo
zonke zayo, nemiteto yonke yayo: u yi
lobe emehlweni abo, ba gcine isimo
sonke sayo, neziyalelo zonke zayo, ba
zenze.
12 Yilo umteto wendhlu; pezu kwesi-
qongo sentaba icele lonke layo ekuzu-
ngezeni li ya kuba ngcwele yoku-
ngcwele. Bheka, lo u ngumteto we-
ndhlu.
13 Futi yilezi izilinganiso zelati nge-
zingalo: Ingalo i yingalo nempama,
umkati wo ba ingalo, nobubanzi ingalo,
necele lalo ku ze ku be semkaulweni wa-
lo ekuzungezeni li ya kuba ubude besa-
ndhla; na loku ko ba isiqongo selati.
14 Ku suke emhlabatini ku ze kuko
ukwenyuka okuqala ko ba izingalo ezi-
mbili, nobubanzi ingalo inye; ku suke
kuko ukwenyuka okuncane ku ze ku
be ukwenyuka okukulu ko ba izingalo
ezine, nobubanzi ingalo.
15 Ko ti intaba ka Tixo [ukuti, ilati] i
be izingalo ezine; futi ku suke kuyo
ingonyama ka Tixo [ukuti, ilati] na nga
pezulu zo ba kona izimpondo ezine.
16 Ku ya kuti ingonyama ka Tixo
[ilati] i be izingalo ezi ishumi nambili
ngobubanzi, uhlangoti lwezinhlangoti
ezine zalo.
17 Ko ti indawo yokwenyuka i be
izingalo ezi ishumi nane ngobude, nezi
ishumi nane ngobubanzi ezinhlango-
tini ezine zayo: necele ekuzungezeni
kwayo li be inxenye yengalo; nomkati
wayo ingalo ekuzungezeni; nezinya-
telo zokukupuka kwalo ukubuka kwa-
zo empumalanga.
18 Lapo wa ti kimi, Ndodana yomu-
ntu, njalo i tyo iNkosi uJehova; Yilezi
iziyalezelo zelati ngosuku lokwenza kwa-
lo, ukubeka pezu kwalo umnikelo woku-
tyiswa, nokufafaza pezu kwalo igazi.
19 Ko ti u nike kubo abateteleli aba-
Levi bona abenzalo ka Zadoki, a ba
sondela kimi, uku ngi konza, i tyo
iNkosi uJehova, inkunzana i be umni-
kelo wezono.
20 Futi wo tabata inxenye yegazi la-
yo u i beke ezimpondweni ezine zalo,
na semagumbeni amane endawo yoku-
finyezwa, naseceleni ekuzungezeni; u
hlanze yona u yi hlaulele.
21 Wo tabata inkunzi yomnikelo wo-
kona futi, a yi tyise endaweni emise-
lweyo yendhlu ngapandhle kwendawo
e ingcwele.
22 Na ngosuku lwesibili wo nikela
impongo yezimbuzi e nge nacala i be
umnikelo wokona, futi bo hlanza ilati
njengaloku ba li hlanza ngenkunzi.
23 Ekuqedeni kwako uku li hlansa
wo nikela inkunzi e nge nacala, ne-
nqama yezimvu e nge nacala.
24 Wena wo zi nikela pambi kuka
Jehova, abateteleli bona ba zo tela usa-
uti pezu kwazo, ba zi nikele umnikelo
wokutyiswa kuJehova.
25 Izinsuku ezi isikombisa wo lungisa
impongo yomnikelo wokona ngemi-
hla; ba zo lungisa nenkunzi, nenqama
yezimvu e ngenacala.

26 Izinsuku ezi isikombisa ba zo hlaulela ilati, ba li hlanze, ba gcwalise isandhla sabo.
27 Noma izinsuku zi pelile, ko ba ngosuku lweshiyagalombili, napambili, ukuba abateteleli benze iminikelo yenu yokutyiswa pezu kwelati, neminikelo yenu yokuhlala kahle; ngi ya kuti ngi namkele, i tyo iNkosi uJehova.

ISAHLUKO 44.

LAPO wa ngi buyisele endhleleni yesango lendawo e ingcwele engapandhle, okubukwa kwalo ku sempumalanga, e la li valekile.
2 Wa ti kimi uJehova, Isango leli li ya ku valwa, a li yi ku vulwa, umuntu a ka yi ku ngena kulo; ngokuba uJehova uTixo kaIsraeli u ngenile ngalo, lona li ya ku valwa.
3 Li be e lesikulu; isikulu so hlala kulo ukudhla isinkwa pambi kuka Jehova; So ngena ngendhlela yendhlu yomnyango wa leli sango, si pume ngendhlela yayo.
4 Lapo wa ngi zisa ngendhlela yesango la senyakato ngapambi kwendhlu; nga se ngi buka, bhekake, ukukazimula kuka Jehova kwa gcwalisa indhlu ka Jehova; nga ti nga wa ngobuso bami.
5 Lapo uJehova wa ti kimi, Ndodana yomuntu bheka inhliziyo yako, u bone ngamehlo ako, u zwe ngezindhlebe zako konke e ngi ku kuluma kuwe, ngeziyalelo zonke zendhlu ika Jehova, na ngemiteto yonke yayo; u beke inhliziyo kuko ukungena kwendhlu, nokupuma konke kwendawo e ingcwele.
6 Futi u ya kutyo kubo abapambeneyo kuyo indhlu ya seIsraeli, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Se ku ningi kini kuko konke ukunengeka kwenu, Ndhlu ya seIsraeli,
7 Ngokungenisa kwenu amadodana abafokazi a ba nejwabu ngenhliziyo, be nejwabu na ngenyama, ba be endaweni e ingcwele yami uku yi ngcolisa indhlu yami, lapo ni nikela isinkwa sami, nokunona, negazi, futi bapulile uvumelwano lwami ngenxa yokunengeka konke kwenu.
8 Futi a ni gcinanga ukulinda koku ingcwele kwami; kanti ni zimisele abagcini bokulinda kwami ebungcweleni bami.
9 Njalo i tyo iNkosi uJehova, a i yi ku ngena endaweni yami e ingcwele indodana nayodwa yomfokazi e nejwabu ngenhliziyo, e nejwabu na ngenyama, kuwo onke amadodana abafokazi aba pakati kwamadodana a seIsraeli.
10 Ngokuba abaLevi a ba deda kude nami ekubambukeni kwabaIsraeli, a ba pambuka kimi emva kwezitombe, bona ba zo twala ububi babo.
11 Bona ba ya kuba izikonzi ebungcweleni bami, be miselwe emasangweni endhlu, be konza nakuyo indhlu; bona ba ya kuhlaba uminikelo wokutyiswa nokuhlatywa kwabantu, bona ba zo ma pambi kwabo ukubakonza.
12 Ngenxa yokuba ba ba konza pambi kwezitombe zabo, futi ba be kuyo indhlu ya seIsraeli, be ba qubekisela ebubini; ngako ngi pakamisile isandhla sami ngakubo, i tyo iNkosi uJehova, bona ba zo twala ububi babo.
13 Bona a ba yi ku sondela kimi, ukutetelela kimi, nokusondela kuko konke oku ingcwele, kuko oku ingcwele koku ingcwele; futi ba zo twala ihlazo labo, nokunengeka kwabo a ba kwenzileyo.
14 Kodwa ngo benza abagcini bokulinda kwendhlu, kuko konke ukukonza kwayo, na kuko konke o ku ya kwenzwa kuyo.
15 Kepa abateteleli kaLevi, amadodana ka Zadoki, a ba gcina ukulinda koku ingcwele kwami ekupambukeni kwamadodana a seIsraeli kimi, bona ba ya kusondela kimi ukungikonza, bona ba ya kuma pambi kwami ukunikela kimi ukunona negazi, i tyo iNkosi uJehova.
16 Bona ba zo ngena endaweni e ingcwele yami ba sondele etebuleni, ukungikonza, futi ba ya kugcina ukulinda kwami.
17 Ko ti ekungeneni kwabo emasangweni etanga elingapakati ba mbatiswe ngezambato zelineni; uboya a bu yi ku za pezu kwabo, be sa konza emasangweni etanga elingapakati, nangapakati.
18 Umshuqulo welineni wo ba ekanda kubo, namabulukwe elineni o ba okalweni lwabo; a ba yi ku binca ku be kona ukujuluka.
19 Na lapo be ya etangeni elingapandhle, kwe li ngapandhle kubantu, bo susa izambato zabo a ba konza ngazo, ba zi hlalise emakamelweni a ingcwele, ba fake izambato ezinye; a ba yi kwenza abantu ba be ngcwele ngezambato zabo.

20 Futi a ba yi ku pucula amakanda abo, a ba yi ku yeka zi lenge iziuwele; bo gunda nokugunda amakanda abo.
21 Futi a ka yi ku puza iwaini umteteleli noyedwa, uma be ngena etangeni elingapakati.
22 Bona a ba yi ku tabata kubo abafazi, umfelokazi, nolahlwayo; ngokuba ba zo tabata izintombi zenzalo yendhlu ya seIsraeli, noma mhlaumbe ba nga tabata umfelokazi o ngumfelokazi womteteleli.
23 Ba ya kuti ba bonise abantu bami ukuhlukanisa pakati koku ingcwele nokungahlukaniswayo, napakati kokungcolileyo nokuhlanzekayo.
24 Ko ti ekupikeni be me bona kuko ukwahlula; ba hlule njengokwahlula kwami; futi ba zo gcina imiteto yami neziyalelo zami emihlanganweni yonke yami, benze a be ngcwele amasabata ami.
25 Bona a ba yi ku za kumuntu o fileyo uku zingcolisa; kodwa ngoyise, na ngonina, na ngendodana, na ngendodakazi, na ngomne, na ngodade o nge nandoda, ba nga zingcolisa.
26 Kepa emva kokuhlanzwa kwake, wo zibalela izinsuku ezi isikombisa.
27 Ko ti ngosuku e ngena ngalo endaweni e ingcwele kulo itanga elingapakati, ukukonza kuko oku ingcwele, wo nikela umnikelo wake wokona, i tyo iNkosi uJehova.
28 Loku ko ba kubo ifa; Mina ngi yifa labo; a ni yi ku ba nika inzuzo eIsraeli; Mina ngi yinzuzo yabo.
29 Umnikelo wokutyiswa, no wokona no wecala bona ba ya ku wu dhla; nokuhlukaniselweyo konke eIsraeli ko ba okwabo.
30 Futi ulibo lonke lokuqala lwako konke, nezipo zonke kuzo zonke izipo zenu, zo ba ezabateteli; no nika umteteleli futi ukuqala kwempupu yenu, ukuze a hlalise ubusiso pezu kwendhlu yako.
31 Abateteleli a ba yi ku dhla into efileyo, nedatyulweyo, noma kuzo izinyoni noma kuzo izinkomo.

## ISAHLUKO 45.

KO ti lapo nabele izwe ngenkato li be inzuzo, ni pakamisele kuJehova isipo, indawo e ingcwele yezwe; ubude bo ba izinhlanga ezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu, nobubanzi izinkulungwane ezi ishumi. Le i ya kuba ngcwele emaceleni onke ayo ekuzungezeni.
2 Kule zo ba kona kuko oku ingcwele ezingamakulu amahlanu ngobude, nezingamakulu amahlanu ngobubanzi ezinhlangotini ezine ekuzungezeni; nezingalo ezingamashumi amahlanu indawo yayo engapandhle ekuzungezeni.
3 Futi ku lesisilinganiso wo linganisa ubude bezinkulungwane ezingamashumi amahlanu, nobubanzi bezinkulungwane ezi ishumi: ko ti indawo e ingcwele i be kuyo noku ingcwele koku ingcwele.
4 E ingcwele kulo izwe yona i ya kuba e yabateteleli abakonzi bendawo e ingcwele, aba sondela ukukonza kuJehova; i ya kuba ku bona indawo yezindhlu zabo, indawo e ingcwele kuko oku ingcwele.
5 Ko ti izinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu zobude, nezinkulungwane ezi ishumi ububanzi, zi be kubaLevi, aba izikonzi zendhlu, kubona inzuzo ngamakamelo amashumi amabili.
6 Ni ya kuti ni nike inzuzo yomuzi, izinkulungwane ezi isihlanu zobubanzi, nobude obu zinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu kanye naso isipo sendawo e ingcwele; i ya kuba kuyo indhlu yonke ya seIsraeli.
7 Futi inxenye yo ba kuso isikulu ngalapa nangalapa kwesipo esi ingcwele, na kuyo inzuzo yomuzi, ngapambi kwesipo sendawo e ingcwele, ngapambi kwenzuzo yomuzi, ku suke ehlangotini lwasentyonalanga ngasentyonalanga, na kulo uhlangoti lwa sempumalanga ngasempumalanga; futi ubude bo ba ekuhlanganeni nesahlukaniso esinye, ku suke eceleni la sentyonalanga ku ze ku be seceleni la sempumalanga.
8 Ezweni ko ba kuso ku be inzuzo eIsraeli; futike izikulu zami a zi yi ku hlupa abantu bami; zona zo nika izwe kuyo indhlu ya seIsraeli njengemindeni yabo.
9 Njalo i tyo iNkosi uJehova ma kwanele kini Zikulu za seIsraeli; dedisani ukuhlupa nokucita, nenze ukwahlula nokulunga, ni suse iziteliso ezihlupisayo kubantu bami, i tyo iNkosi uJehova.
10 Ko ba kini izilinganiso zezisindo ezilungileyo, neefa elungileyo, nenbate elungileyo.
11 Indinganiso nebate, zi ya kuba isilinganiso sinye, ukuze indinganiso i bambe inxenye kweziyishumi zehoma: isilinganiso salo so ba ngokwehoma.

12 Ishekeli li ya kuba amagera a amashumi amabili: amashekeli amashumi amabili, amashekeli amashumi amabili nesihlanu, amashekeli a ishumi nesihlanu, a ya kuba imane kini.

13 Yiloku isipo e ni ya ku si pakamisela: inxenye kwezitupa zendinganiso kulo ihoma lokolweni, nenxenye yo kwesitupa yendinganiso kulo ihoma lebale.

14 Futi umteto wamafuta, ibate lamafuta, ni zo nikela inxenye yeshumi yebate kulo ikori, eli la ihoma mabate a ishumi; ngokuba amabate a ishumi a ihoma.

15 Imvana enye kuzo izimvu ezingamakulu amabili, yemfunda enamanzi ya seIsraeli; i be umnikelo wokudhla no wokutyisa, no wezibongo, ukuhlaulela bona i tyo iNkosi uJehova.

16 Bonke abantu bezwe ba ya kupa ku lesisipo, kanye nesikulu esi seIsraeli.

17 Futi ko ba pezu kwesikulu ukunika umnikelo wokutyiswa, nowokutela emibutweni, na ngezinyanga ezitwasileyo, na ngamasabata; na ngemizuzu yendhlu ya seIsraeli; sona si ya kwenza umnikelo wokona, no wokudhla, no wokutyisa, no wezibongo, ukuhlaulela indhlu ya seIsraeli.

18 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngenyanga yokuqala ngosuku lokuqala lwenyanga, wo tabata inkunzi e yitole lenkomo e nge nacala, u hlaulele indawo e ingcwele.

19 Ko ti umteteleli a tabate kulo igazi lomnikelo wokona, a li beke ezinsikeni zendhlu ngasemagumbini amane endawo yokwenyuka latini, na sezinsikeni zesango letanga elingapakati.

20 Na njalo u ya kwenza ngolwesikombisa lwenyanga ngenxa yomuntu o pinda ukona na ngoyisiula; njalo ni ya kuhlaulela indhlu.

21 Ngenyanga yokuqala, ngosuku lweshumi nane lwenyanga ku ya kuba kini ipasika umbuto wezinsuku ezi isikombisa; isinkwa esi nge namvubelo si ya kudhliwa.

22 Ngalolusuku isikulu si ya ku zenzela nabantu bonke bezwe inkunzi yomnikelo wokona.

23 Futi ngezinsuku ezi isikombisa zombuto si ya kwenza umnikelo wokutyisa kuJehova, izinkunzi ezi isikombisa nezinqama ezi isikombisa ezi nge nacala ngemihla leziziinsuku ezi isikombisa; nomnikelo wokona impongo yezimbuzi ngosuku.

24 Futi si ya kwenza umnikelo wokudhla indinganiso kuyo inkunzi, nendinganiso kuyo inqama, namafuta ihini kuyo indinganiso.

25 Ngenyanga yesikombisa, ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga, si ya kwenza njengaloku embutweni izinsuku ezi isikombisa, njengomnikelo wokona, na njengawo wokutyiswa, na njengawo wokudhla, na njengawo wamafuta.

ISAHLUKO 46.

NJALO i tyo iNkosi uJehova, ukuti, Isango letanga elingapakati, eli buka ngasempumalanga li ya kuvalwa izinsuku ezi isitupa zokusebenza; kepa ngosuku lwesabata li zo vulwa, na ngosuku lwenyanga etwasayo lo vulwa.

2 Ko ti isikulu si ngene ngendhlela yendhlu ya lelisango ngapandhle, si me ngasensikeni yesango, futi abateteleli ba ya kwenza umnikelo wokutyiswa waso, no wezibongo waso, sona so kotama emgulugulwini wesango; lapo so puma; kepa isango a li yi ku valwa ku ze ku be kusihlwa.

3 Futi abantu bezwe ba zo kuleka emnyango walelisango pambi kuka Jehova, ngamasabata, na ngezinyanga ezitwasayo.

4 Ko ti umnikelo wokutyiswa isikulu si ya ku wu nikela kuJehova ngosuku lwesabata u be izimvana zamaduna ezi isitupa ezi nge nacala, nenqama e nge necala.

5 Nomnikelo wokudhla wo ba indinganiso kuyo inqama, na kuzo izimvana umnikelo wokudhla wo ba isipo sesandhla saso, namafuta ihini kuyo indinganiso.

6 Na ngosuku lwenyanga etwasayo wo ba inkunzi itole lenkomo engenacala, nezimvana ezi isitupa, nenqama; zi nga soleki.

7 Sona si ya kwenza umnikelo wokudhla, indinganiso kuyo inkunzi, nendinganiso kuyo inqama, na ngezimvana njengaloko isandhla saso si nga tabata, namafuta ihini kuyo indinganiso.

8 Na sekungeneni kwesikulu, so ngena ngendhlela yendhlu yesango leso, so puma na ngendhlela yayo.

9 Kodwa ekungeneni kwabantu bezwe pambi kuka Jehova ngemizuzu, yena o ngena ngendhlela yesango la senyakato ukukotama wo puma nagendhlela yesango la seningizimu; no ngena nge-

udhlela yesango la seningizimu wo puma ngendhlela yesango la senyakato; a ka yi ku buya ngendhlela ya lelosango a ngena ngalo, kanti wo puma ngapambili kwalo.

10 Naso isikulu esi pakati kwabo so ngena ekungeneni kwabo, so puma nasekupumeni kwabo.

11 Ko ti emibutweni na semizuzwini umnikelo wokudhla u be indinganiso kuyo inkunzi, nendinganiso kuyo inqama, na kuzo izimvana isipo sesandhla saso, namafuta ihini kuyo indinganiso.

12 Na lapo isikulu si ya kwenza umnikelo wokutya ngenhliziyo, noko mhlaumbe umnikelo wezibongo ngenhliziyo kuJehova, umuntu wo si vulela isango eli buka ngasempumalanga, sona so wenza umnikelo waso wokutyiswa, neminikelo yezibongo njengaloko senza ngosuku lwesabata; lapo so puma; umuntu wo vala isango futi emva kokupuma kwaso.

13 Futi wo yenza imvana yomnyaka munye e nge nacala i be umnikelo wokutyiwsa ngemihla kuJehova; kusasa nakusasa wo yenza.

14 Nomnikelo wokudhla wo wenza ukusa nokusa, inxenye kwezi isitupa kuyo indinganiso, namafuta inxenye kwezi isitupa kulo ihini, ukufafaza kanye nempupu; umnikelo wokudhla kuJehova o umteto wa pakade.

15 Bona ba ya kwenza imvana, nomnikelo wokudhla, namafuta kusasa na kusasa i be umnikelo wokutyisa okunjalo.

16 Njalo i tyo iNkosi uJehova ukuti; Uma isikulu si nike isipo komunye wamadodana aso, ifa laso li ya kuba kuwo amadodana inzuzo yawo ngokudhla ifa.

17 Kepa uma si nike isipo sefa laso kuye omunye wezinceku zaso, sona si ya kuba e sake ku ze ku be umnyaka wenkululo; lapo so buyela kuso isikulu, kodwa ifa lake li ya kuba e lamadodana ake.

18 Isikulu a si yi ku tabata kuwo amafa abantu ukubamuka ngenzuzo yabo, kodwa so dhlisa amadodana aso amafa kuwo amafa aso; ukuze abantu bami ba nga hlakazwa yilo kuyo inzuzo yake.

19 Lapo wa ngi zisa ekungeneni oku sohlangotini lwesango kuwo amakamelo ayingcwele a kubo abateteleli, okubuka kwawo ku senyakato; bhekake, i be kona indawo ngasemuva ngasentyonalanga.

20 Lapo wa ti kimi, Yile indawo lapo abateteleli be ya kubilisa kona umnikelo wecala, nowokona, lapo ba ya kupeka kona umnikelo wokudhla; ukuze ba nga wu pumiseli etangeni eli ngapandhle, ukwenza abantu ba be ngcwele.

21 Lapo wa ngi pumisela etangeni eli ngapandhle, wa ngi dhlulisa amagumbi amane etanga; bhekake, itanga egumbini letanga netanga egumbini letanga.

22 Emagumbini amane etanga a be kona amatanga avalelweyo izingalo ezingamashumi amane ngobude, nezingamashumi amatatu ngobubanzi; isilinganiso sinye si be ku lamagumbi amane.

23 Lwa ti lwa ba kona udonga ekuzungezeni kuwo, ekuzunguzeni kuwo lwamane, lwenziwe nezindawo zokubilisa pansi kwezindonga ekuzungezeni.

24 Lapo wa ti kimi, Yile indhlu yababilisayo, lapo abakonzi bendhlu be ya kubilisa kona umnikelo wabantu.

## ISAHLUKO 47.

LAPO wa ngi buyisa kuwo umnyango wendhlu; bhekake amanzi a puma pansi komgulugulu wendhlu ngasempumalanga; ngokuba ubuso bendhlu ba buka empumalanga, futi amanzi a hlika ngapansi, ngasohlangotini lokunene lwendhlu, ngaseningizimu kwelati.

2 Wa ti wa ngi pumisa ngendhlela yesango la sempumalanga, wa ngi zungelezisa ngendhlela engapandhle, kulo isango elingapandhle ngendhlela ukubuka kwayo ku sempumalanga; bhekake, amanzi a consa ngasohlangotini lokunene.

3 Umuntu e sa hamba ngasempumalanga e nentambo esandhleni sake, wa linganisa izingalo ezi inkulungwane, wa ngi welisa emanzini; amanzi a be semaqakaleni.

4 Lapo wa linganisa ezi inkulungwane, wa ngi welisa emanzini; amanzi a be semadoleni. Wa pinda wa linganisa ezi inkulungwane, wa ngi welisa; amanzi a be sokalweni.

5 Wa pinda wa linganisa ezi inkulungwane; kwa ba umfula e be ngi nge wu wele: ngokuba amanzi a e kulile ku amanzi okuhlanjwa, umfula o be u nge welwe.

6 Lapo wa ti kimi, U bonile loku, Ndodana yomuntu na? Wa se e ngi hambisa, wa ngi buyisela odongeni lomfula.

7 Bhekake, ekubuyeleni kwami odongeni lomfula, i bi kona imiti emiuingi kakulu ngalapa nangalapa.

8 Lapo wa ti kimi, Lawamanzi a pumela ekuzungezeni kwasempumalanga, a yeukela ehlane, a ya elwandhle; ko ti wona e pumiselwe elwandhle, amanzi a ya kwelatywa.

9 Ko ti ku be kona ukuba imipefumlo yonke epilayo e kalayo kuzo zonke izindawo lapo imifula i fika kona yo pila: futi zo ba kona izinhlanzi eziningi kakulu, ngokuba lawamanzi e za kona; zo ti zelatywe, zi pile zonke lapo umfula u za kona.

10 Ko ti ku be kona abalobi ba me ngakuwo ku suke En-gedi ku ze ku sEn-eglaimi; zi ya kuba izindawo zokweneka amaneta; izinhlanzi zabo zo ba ngohlobo, njengezinhlanzi zolwandhle olukulu, eziningi kakulu.

11 Izindawo ezi nodaka, namacibi a ka yi kwelatywa, o nikwa kusaoti.

12 Futi ngasemfuleni ogwini lwawo ngalapa nangalapo, yo mila imiti yonke yokudhla, ihlamvu layo a li yi ku buna, nezinhlamvu zayo, a zi yi ku qedwa; yo hlanza ezintya ngezinyanga zayo, ngokuba amanzi ayo a puma kuyo indawo e ingcwele; futi izitelo zayo zo ba ukudhla, neqabunga layo li be umuti.

13 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Yiwona umkaulo, e ni ya kudhla izwe ngawo emindenini eyishumi nambili ya seIsraeli: uJosefa wo ba nezinxenye ezimbili.

14 Futi ni ya kudhla lona, umuntu njengomfo wabo, e nga pakamisela lona isandhla sami ukulinika kubo oyihlo; lona izwe lo ni wela li be ifa.

15 Iwona umkaulo wezwe ecceleni la senyakato ku suke elwandhle olukulu ngendhlela ya seHetiloni, ukuza eZedadi;

16 iHamati neBerotha neSibraimi e li pakati komkaulo wa seDamaseku, nomkaulo wa seHamati; iHazar-hatikoni, e li ngasemkaulweni wa seHaurani.

17 Futi umkaulo ku suke elwandhle wo ba iHazar-enani, nomkaulo wa seDamaseku, nenyakato ngasenyakato, nomkaulo wa seHamati. Lona li yicala la senyakato.

18 Futi icala la sempumalanga no li linganisa pakati kweHaurani neDamaseku, na pakati kweGiladi nezwe la seIsraeli ngaseJoredani, ku suke emikaulweni ku ze ku selwandhle lwa sempumalanga. Lona li yicala la sempumalanga.

19 Futi icala la seningizimu ngaseTemani ku suke eTamai ku ze ku be semanzini a seMeriba eKadeshi umfula o ya elwandhle olukulu; Lona li yicala la seTemani ngaseningizimu.

20 Futi icala la sentyonalanga lo ba ulwandhle olukulu ku suke emkaulweni ku ze ku fike ngapambi kweHamati; Kona li yicala la sentyonalanga.

21 Njalo ni ya kuzahlukanisela lelizwe njengemindeni ya seIsraeli.

22 Ku ya kuti, ni li dhlise ngenkato li be inzuzo kini, nabafokazi a ba hlezi pakati kwenu, a ba zo zala amadodana pakati kwenu; bona ba ya kuba kini njengomuntu wezwe pakati kwamadodana a seIsraeli; bona ba ya kudhla ngenkato kanye nani inzuzo pakati kwemindeni ya seIsraeli.

23 Ku ti emindenini lapo owezizwe u hlezi kona pakati kwayo, lapo no m nika inzuzo yake, i tyo iNkosi uJehova.

## ISAHLUKO 48.

LAWA amagama emindeni. Ku suke ekupeleni kwasenyakato kulo icala ngendhlela ya seHetloni, ukuza kulo iHamati, iHazar-enani, umkaulo wa seDamaseku ngasenyakato kulo icala la seHamati: Yona i ya kuba izinhlangoti zalo ngasempumalanga nasentyonalanga; inxenye inye kulo iDani.

2 Ku ti ngasemkaulweni wa seDani ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, inxenye inye kulo iAsheri.

3 Ku ti ngasemkaulweni wa seAsheri ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, inxenye inye kulo iNaftali.

4 Ku ti ngasemkaulweni wa seNaftali ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa setyonalanga, inxenye inye kulo iManasa.

5 Ku ti ngasemkaulweni wa seManasa ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini, lwa sentyonalanga inxenye inye kulo iEfraimi.

6 Ku ti ngasemkaulweni wa seEfraimi ku suke ohlangotini lwa sempumala-

nga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, inxenye inye kulo iReubeni.

7 Ku ti ngasemkaulweni wa seReubeni ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga inxenye inye kulo iJuda.

8 Ko ti ngasemkaulweni wa seJuda ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, ku be kona isipo e ni ya ku si nika sezinhlanga ezi izinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu ngobubanzi, na ngobude njengenye yezahlukaniso ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga; futi indawo eyingcwele yo ba pakati kwaso.

9 Isipo e ni ya ku si nika kuJehova so ba ubude bezinhlanga ezi izinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu, nobubanzi bezinkulungwane ezi ishumi.

10 Ko ti isipo lesi esi ingcwele si be ku bona, kubateteleli; ngasenyakato ubude bezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu, na ngasentyonalanga ububanzi bezinkulungwane ezi ishumi, na ngasempumalanga ububanzi bezinkulungwane ezi ishumi, na ngaseningizimu ubude bezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu; ko ti indawo eyingcwele kaJehova i be pakati kwaso.

11 Si ya kuba kubateteleli abahlanziweyo bamadodana ka Zadoki; a ba gcinile ukulinda kwami, a ba nga pambukanga ekupambukeni kwamadodana a seIsraeli, njengaloko abaLevi ba pambuka.

12 Ku ya kuti lesisipo esinikelweyo si be ku bona into eyingcwele yokuyingcwele kulo icala labaLevi.

13 Futi kanye nalo icala labateteleli, abaLevi lo ba nezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu ngobude, nobubanzi bezinkulungwane ezi ishumi: ubude bonke bo ba izinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu, nobubanzi bezinkulungwane ezi ishumi.

14 Bona a ba yi ku tenga ngalo, ba nga pambanisi ngalo ba nga dhluliseli kwabanye ulibolwezwe; ngokuba lu ingcwele kuJehova.

15 Ko ti izinkulungwane ezi isihlanu ezishiyiweyo zobubanzi ngapambili kwezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu, zi be indawo engahlukaniselwanga kuwo umuzi, indawo yezinhlalo nezindawo zobala; futi umuzi wo ba pakati kwayo.

16 Ku ti yilezi izilinganiso zawo; uhlangoti lwa senyakato izinkulungwane ezine namakulu amahlanu, nohlangoti lwą seningizimu izinkulungwane ezine namakulu amahlanu, nohlangoti lwa sempumalanga izinkulungwane ezine namashumi amahlanu, nohlangoti lwa sentyonalanga izinkulungwane ezine namakulu amahlanu.

17 Futi izindawo zobala zomuzi zo ba amakulu amabili namashumi amahlanu ngasenyakato, namakulu amabili namashumi amahlanu nga seningizimu, namakulu amabili namashumi amahlanu ngasempumalanga, namakulu amabili namashumi amahlanu ngasentyonalanga.

18 Ko ti indawo eseleyo ebudeni kanye naso isipo sendawo eyingcwele i be izinkulungwane ezi ishumi ngasempumalanga, nezinkulungwane ezi ishumi ngasentyonalanga; i ya kuti i be kanye naso isipo sendawo eyingcwele; futi ukuveza kwawo ko ba ukudhla ku bona aba konza umuzi.

19 Ku ya kuti bona aba konza umuzi ba wu konze be vela kuyo yonke imindeni ya seIsraeli.

20 Isipo sonke si ya kuba ezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu kuzo izinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu: ni zo nika isipo sendawo eyingcwele i nezinhlangoti ezine kuyo inzuzo yomuzi.

21 Ko ti insalo yo ba kuso isikulu ngalapa na ngalapo kuso isipo esi ingcwele, na kuyo inzuzo yomuzi, nga pambi kwezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu zesipo ku ze ku be semkaulweni wa sempumalanga na ngasentyonalanga nga pambi kwezinkulungwane ezingamashumi amabili ku ze ku be semkaulweni wa sentyonalanga, kanye nezinxenye zesikulu; sona so ba isipo esi ingcwele; futi indawo eyingcwele yendhlu yo ba pakati kwaso.

22 Futi ku suke enzuzweni yabaLevi, nasenzuzweni yomuzi e semkatini wayo kuso isikulu, indawo e pakati komkaulo wa seJuda nomkaulo wa seBenjamini, i ya kuba kuso isikulu.

23 Ko ti ngemindeni e seleyo ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga iBenjamini li be nenxenye inye.

24 Ko ti ngasemkaulweni wa seBenjamini ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, iSimeoni li be nenxenye inye.

25 Ko ti ngasemkaulweni wa seSimeoni ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga iIsaka li be nenxenye inye.

26 Ko ti ngasemkaulweni wa seIsaka ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku sohlangotini lwa sentyonalanga iZebuloni li be nenxenye inye.

27 Ko ti ngasemkaulweni wa seZebuluni ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga iGadi li be nenxenye inye.

28 Ko ti ngasemkaulweni wa seGadi ohlangotini lwa seningizimu ngaseTemani, umkaulo wo ba ukusuka eTema ku ze kuwo amanzi a seMeriba eKadeshi, na kuwo umfula o ngaselwandhle olikulu.

29 Leli li izwe e ni ya kwabela ngalo ngenkato li be inzuzo kuyo imindeni ya seIsraeli, futi zona zi izinxenye zayo, i tyo iNkosi uJehova.

30 Iloku ukupuma komuzi ku suke ohlangotini lwa senyakato izinkulungwane ezine namakulu amahlanu zokulinganisa.

31 Amasango omuzi o tiwa ngamagama emindeni ya seIsraeli; amasango amatatu ngasenyakato; elinye isango la seReubeni, nelinye isango la seJuda, nelinye isango la seLevi.

32 Futi ngasohlangotini lwa sempumalanga izinkulungwane ezine namakulu amahlanu; namasango amatatu; elinye isango la seJosefa, nelinye isango la seBenjamini, nelinye isango la seDani.

33 Futi uhlangoti lwa seningizimu izinkulungwane ezine namakulu amahlanu zokulinganisa; namasango amatatu; elinye isango la seSimeoni, nelinye isango la seIsaka, nelinye isango la seZebuloni.

34 Futi uhlangoti lwa sentyonalanga izinkulungwane ezine namakulu amahlanu, namasango amatatu ayo: elinye isango la seGadi, nelinye isango la seAsheri, nelinye isango la seNaftali.

35 Kwa ba sekuzungezeni izinkulungwane ezi ishumi neshiyagalombili zokulinganisa; Ko ti igama lomuzi ku suke ku lolusuku li be, uJehova u lapa.

---

# INCWADI KA DANYELI.

## ISAHLUKO 1.

NGONYAKA wesitatu wokubusa kuka Jehoakimu inkosi yabaJuda, weza uNebukadnezari inkosi ya seBabulona eJerusalema, wa li vimbezela.

2 Ya ti iNkosi ya m nikela uJehoakimu inkosi yabaJuda esandhleni sake, nezinye zezitya zendhlu ka Tixo; wa zi yisa ezweni la seShinari endhlini yesitixo sake, wa se e zi ngenisa izitya endhlini yengcebo yesitixo sake.

3 Ya ti inkosi ya m yaleza uAshpenazi induna yabatenwa bayo; a lete abanye bamadodana abaIsraeli, abenzalo yenkosi, nabezikulu.

4 Abantwana aba nge nasifamfa, kodwa abahle ngesimo; abaqondileyo ekuhlakanipeni konke, abaziyo ngokwazi, abezwisisayo ngokwaziwayo, aba nokukutala ukuma endhlu enkulu yenkosi; a ba fundise imibalo nolimi lwabaKaldi.

5 Ya ti inkosi ya babela ngemihla isabelo sosuku sokudhla kwenkosi, nasewaini e li puzayo; i bondhle njalo iminyaka emitatu, ukuze ekupeleni kwayo be me ebusweni benkosi.

6 Kwa ti kwa be ku kona pakati kwabo abamadodana ka Juda, uDanyeli, noHanania, noMishali, noAzaria.

7 Ya ti induna yabatenwa ya ba ta amagama: ya se i mu ta uDanyeli uBelteshazari, noHanania uShadraki, noMishali uMeshaki, noAzaria uAbednego.

8 Kepa uDanyeli wa ti enhliziyweni yake ukuba a so za a zitunise ngokudhla kwenkosi, na ngewaini e li puzayo, ngako wa nxusa kuyo induna yabatenwa ukuze a nga zitunisi.

9 Ku te uTixo wa be e m nikile uDanyeli umusa nokuhaukelwa ebusweni benduna yabatenwa.

10 Lapo induna yabatenwa ya ti kuDanyeli; Ngi yesaba umninimina inko-

si, o wabele ukudhla kwenu nokupuza kwenu; ngokuba yini ukuba e za ku bona ubuso benu bondile ku nabantwana aba intanga yenu na? ku ya kuti ni ngi lahlise ikanda lami enkosini.

11 Lapo uDanyeli wa ti kuMelzari o misiwe induna yabatenwa pezu kuka Danyeli noHanania noMishali noAzaria,

12 Linga izinceku zako ngi ku ncenga izinsuku ezi ishumi, ma ba si nike izikafu si dhle, namanzi si puze.

13 Lapo ma ba bone isimo setu pambi kwako, nesimo sabantwana a ba dhla ukudhla kwenkosi, na njengaloko u bona, wenze ngezinceku zako.

14 Wa ti wa ba vumela ngalento, wa ba linga izinsuku ezi ishumi.

15 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku ezi ishumi isimo sabo sa bonakala, sihle si kulupele izinyama ku nabantwana bonke abadhla ukudhla kwenkosi.

16 Kwa tike uMelzari wa susa ukudhla kwabo, newaini labo lokupuzwa, wa ba nika izikafu.

17 Kepa labantwana abane uTixo wa ba nika ukukumbula nokuqonda ngemibalo yonke, nokuhlakanipa; futi uDanyeli wa azisisa ngezibonakalo zonke namapupo.

18 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku inkosi ya be i tyilo ukuba i zo ba ngenisa ngazo, induna yabatenwa ya ba ngenisa ebusweni buka Nebukadnezari.

19 Ya ti inkosi ya kuluma nabo, kepa a ku funyanwanga pakati kwabo bonke, o njengoDanyeli, noHanania, noMishali, noAzaria, ngako be ma ebusweni benkosi.

20 Kwa ti ngezindaba zonke zokuhlakanipa nezokwazisisa eya ba buza ngazo inkosi, ya ba fumana be bahlula kashumi amaqile nabaMagi bonke embusweni wonke wake.

21 Wa ti uDanyeli wa ba kona kwa za kwa ba umnyaka wokuqala ka Kuresi inkosi.

## ISAHLUKO 2.

EMNYAKENI wesibili wokubusa kuka Nebukadnezari, uNebukadnezari wa pupa amapupo, wa ti umoya wake wa katazeka; ba m putela ubutongo.

2 Lapo inkosi ya yaleza ukubiza amaqili, nabaMagi, nezinyanga, nabaKaldi ukucasisela inkosi amapupo ayo; ba ti be za be ma ebusweni benkosi.

3 Ya se i ti inkosi kubona; Ngi pupe ipupo; wa ti umoya wami wa katazeka ukulazi ipupo.

4 Lapo abaKaldi ba kuluma kuyo inkosi ngokwamaAramia, Nkosi mana njalo! tyela izinceku zako ipupo, so bonisa ukucasisela.

5 Inkosi ya pendula ya ti kubaKaldi, Izwi li pumile kimi, uma ni nga ngazisi ipupo nokucasisela kwalo, ni zo xotywa, zi ti izindhlu zenu zenziwe izala.

6 Kanti uma ni bonisa ipupo nokucasisela kwalo, ni ya kwamkela izipo, nomvuso, nodumo olukulu pambi kwami, ngako ngi tyeleni ipupo nokucasisela kwalo.

7 Ba buya ba pendula, Inkosi ma i tyele izinceku zayo ipupo, so ti si bonise ukucasisela kwalo.

8 Inkosi ya pendula ya ti, Ngi yazi isibili ukuba ni zenzela isikati, ngokuba ni bona ukuba izwi li mukile kimi.

9 Kepa uma ni nga ngazisi ipupo, ku kona isiyalezelo sinye kini; ngokuba ni lungisele amazwi amanga, amabi, ukukuluma pambi kwami, ku ze ku dhlule isikati; ngako ngi tyeleni ipupo, ngi za kwazi ukuba ni nga bonisa ukucasisela kwalo.

10 AbaKaldi ba pendula pambi kwenkosi ba ti, Amuko umuntu emhlabeni o nga bonisa indaba yenkosi; ngako a kuko inkosi nomkulu, nobusayo, o buza indaba e njengale eqilini, nakuMagi nakumKaldi noyedwa.

11 Futi indaba inkosi e yi buzayo i lukuni, amuko omunye o nga yi bonisa pambi kwenkosi, kupela otixo onhlalo yabo a iko enyameni.

12 Ngaloku inkosi ya tukutela, ya ba nolaka olukulu, ya yaleza ukuba ba bulawe bonke abahlakanipileyo ba seBabulona.

13 Sa ti isiyalezelo sa puma ukuba abahlakanipileyo ba bulawe, ba ti ba m funa uDanyeli, nabangane bake ukuba ba bulawe.

14 Lapo uDanyeli wa pendula ngokuqapela, na ngokuqonda kuArioki umholi wezinhlomeli zenkosi, o be e pumile ukubulala abahlakanipileyo ba seBabulona.

15 Wa pendula wa ti kuArioki induna yenkosi, Lesisimemezelo esisabekayo si pume ngani kuyo inkosi na? Lapo uArioki wa m azisa uDanyeli indaba.

16 Wa ti uDanyeli wa ngena, wa cela kuyo inkosi i m nike isikati, a ze a bonise inkosi ukucasisela.

17 Wa se e buyela uDanyeli endhlini

yake, wa yazisa indaba kuHanania, nóMishali, noAzaria, abangane bake.

18 Ukuze ba cele isisa kuTixo wezulu nga lemfihlakalo; ukuba uDanyeli nabangane bake ba nga bujiswe kanye nabanye abahlakanipileyo ba seBabulona.

19 Lapo imfihlakalo ya boniswa kuDanyeli esibonakalweni sobusuku; uDanyeli wa se e m bonga uTixo wezulu.

20 uDanyeli wa pendula wa ti, Igama lika Tixo ma li bongwe kwapakade ku ze ku be pakade, ngokuba okwake ukuhlakanipa namandhla.

21 U ti yena u ya pendula izikati, nemizuzu, u susa amakosi, u misa amakosi; u nika ukuhlakanipa kwabahlakanipileyo nokwazi kubo abazi ukwazisisa.

22 Yena u bonisa okujulileyo, nokusitekileyo; wazi oku sebumnyameni, ku ti ukukanya ku hlezi kuye.

23 Ngi ya kubonga, ngi ku babaze Tixo wa obaba, o ngi nikile ukuhlakanipa, namandhla, futi izicelelo e sa cela kuwe u ngazisile zona; ngokuba u sazisile indaba yenkosi.

24 Ngaloku uDanyeli wa ngena kuArioki e ya bi m misile inkosi uku bulala abahlakanipileyo ba seBabulona; wa ya wa kuluma njalo kuye; U nga bulali abahlakanipileyo ba seBabulona, ngi ngenise pambi kwenkosi, ngi ya ku yi bonisa inkosi ukucasisela.

25 Lapo uArioki wa tyetya wa ngenisa uDanyeli ebusweni benkosi, wa ti kuyo njalo: Ngi fumene umuntu wabantwana bokutunjwa ba seJudia o ya ku yazisa inkosi ukucasisela.

26 Inkosi ya pendula ya ti kuDanyeli o gama lake li uBelteshazari, U nga ngazisa ipupo e ngi li pupileyo, nokucasisela kwalo na?

27 uDanyeli wa pendula pambi kwenkosi wa ti, Imfihlakalo inkosi e yi buzayo, abahlakanipileyo, nabaMagi, namaqile, nezanusi a ba nge bonise inkosi yona;

28 Kodwa u kona uTixo ezulwini o bonisa izimfihlakalo, wazisa inkosi uNebukadnezari loku o ku zo ba kona ezinsukwini zokugcina; Ipupo lako, nesibonakalo sekanda lako okukweni lwako ku i loku.

29 Wena Nkosi izicabango zako okukweni lwako za vukela loko o ku ya kuba kona emva kwaloku kuti o bonisa izimfihlakalo u kwazisa loko o ku zo ba kona;

30 Kepa mina, a si ko ngokuhlakanipa o ku kumina nga pezu kwabo bonke aba se kona, ukuba lemfihlakalo i bonakaliswa kimi; kodwa ngaloku ukuba ba yazise inkosi ukucasisela, nokuba u zazi izicabango zenhliziyo yako.

31 Wena Nkosi wa be u bona, bhekake isitombe esikulu, lesisitombe esikulu, ukukazimula kwaso kwa ba kuhle, se ma pambi kwako, nesimo saso si sabeka.

32 Ikanda lesitombe li be igolide elihle, isifuba saso, nezingalo zaso isiliva, isisu saso, namatanga aso itusi;

33 Imilenzi yaso insimbi, izinyawo zaso inxenye insimbi nenxenye idongwe.

34 Wa se u bona kwa za kwa sikwa itye ku nge ngezandhla, e la tyaya isitombe ezinyaweni zaso ezi insimbi nedongwe la zi coboza.

35 Lapo kwa cobozwa kanye insimbi, nedongwe, netusi, nesiliva, negolide, kwa ba njengamakoba esibuya sehlobo; a suswa umoya, a ka tolelwanga ndawo; la ti itye e la tyaya isitombe la ze la ba intaba enkulu, la gcwalisa umhlaba wonke.

36 Leli li ipupo, nokucasisela kwalo si ya kukutyo pambi kwenkosi.

37 Wena, Nkosi, u inkosi yamakosi, ngokuba uTixo wezulu u ku nikile umbuso, namandhla, nodumo.

38 Na sezindaweni zonke lapo abantwana babantu ba hlezi kona, izilwane za sendhle, nezinyoni zezulu u zi nikile esandhleni sako; wenzile ukuba wena u buse pezu kwazo zonke; Wena u yilo ikanda legolide.

39 Nasemva kwako, ku ya kuvuka umbuso omunye omncane ku nawe, nomunye umbuso owesitatu wetusi, o ya ku busa emhlabeni wonke.

40 Ku ya kuti umbuso wesine u be lukuni njengensimbi; ngokuba insimbi i ya coboza i gaye konke; na njengensimbi e fohloza loku konke; u za ku coboza, u fohloze.

41 Na ngokuba wa bona izinyawo nezinzwane, inxenye i be ibumba, lombumbi, nenxenye i be insimbi, umbuso wo ba wahlukene; noko ko ba kuwo ubulukuni bensimbi, ngokuba wa bona insimbi i hlanganisiwe nedongwe.

42 Ku ti izinzwane nezinyawo zi be inxenye yensimbi, nenxenye yebumba, njalo inxenye yombuso yo ba lukuni, nenxenye yawo yo ba inhlakanhlaka.

43 Nga loku wa bona insimbi i hlanganisiwe nedongwe, ba zo hlangana nenzalo yabantu, kepa a ba yi ku nametelana omunye nomunye njengaloko nensimbi a i hlangani nebumba.

44 Ezinsukwini za lamakosi, uTixo wezulu wo misa umbuso o nga yi ku citwa ku ze ku be pakade; wa ti umbuso u nga shiyelwa kwabanye abantu, u zo coboza u qede lemibuso yonke, wona u ya kuma ku ze ku be pakade.

45 Ngokuba wa bona ukuba itye la sikwa entabeni ku nge ngezandhla, nokuba la coboza insimbi, netusi, nebumba, nesiliva, negolide; uTixo omkulu u yazisile inkosi loko o ku za ku ba kona emva kwa loku, ku ti ipupo li qinisile, nokucasisela kwalo ku kolisile.

46 Lapo inkosi uNebukadnezari wa wa pansi ngobuso bake, wa dumisa uDanyeli, wa yaleza ukuba umnikelo, nempepo i telelwe kuye.

47 Inkosi ya kuluma kuDanyeli, ya ti, Ku iqiniso ukuba uTixo wenu u nguTixo wotixo, u umninimakosi, o bonakalisa izimfihlakalo, ngokuba wa ba namandhla wena ukubonisa lemfihlakalo.

48 Lapo inkosi ya m enza uDanyeli a be omkulu, ya m nika izipo ezikulu eziningi; ya m enza a buse pezu kwezwe lonke la seBabulona, umholi wababusi pezu kwabahlakanipileyo bonke ba seBabulona.

49 Wa ti uDanyeli wa cela kuyo inkosi, ya se i misa uShadraki, noMeshaki, noAbed-nego pezu kwezindaba zelizwe, kepa uDanyeli wa be sesangweni lenkosi.

## ISAHLUKO 3.

UNEBUKADNEZARI inkosi wenza isitombe segolide, ukudepa kwaso ku be izingalo ezingamashumi a isitupa; wa si misa etafeni la seDura, ezweni la seBabulona.

2 Lapo uNebukadnezari inkosi wa tuma ukuhlanganisa ababusi, nezinduna, namaduna, nabanqumi bamacala, nabagciningcebo, nababuzeli, nabafundile emtetweni, nabo bonke ababusi bamazwe, ba be kona ekumisweni kwesitombe uNebukadnezari inkosi a si miseleyo.

3 Lapo ababusi, nezinduna, namaduna, nabanqumi bamacala, nabagciningcebo, nababuzeli, nabafundile emtetweni, nabo bonke ababusi bamazwe, ba butana ekumisweni kwesitombe, uNebukadnezari inkosi a si misileyo, be ma pambi kwesitombe uNebukadnezari inkosi a si misileyo.

4 Lapo ummemezi wa mema ngamandhla, Ki nina ku menyezelwa, bantu, zizwe, zilimi;

5 Ngesikati ni zwa ngaso ukukala kwetilongo, nengxola, nogumbu, nenkohlisa, nomqangi, nemityingo, nezinhlobo zonke zokuvuma; ukuba ni we pansi ni dumise isitombe segolide uNebukadnezari inkosi a si misileyo.

6 Ko ti yena o nga wi pansi, a dumise, ngalesosikati a ponswe pakati kwesitando somlilo ovutayo.

7 Ngaloku ngalesosikati abantu bonke be zwa ngaso ukukala kwetilongo, nengxola, nogumbu, nenkohlisa, nomqangi, nezinhlobo zonke zokuvuma; abantu bonke, nezizwe, nezilimi ba wa pansi, ba dumisa isitombe segolide uNebukadnezari inkosi a si misileyo.

8 Ngaloku nga lesosikati abantu abaKaldi ba sondela ba hleba abaJuda.

9 Ba kuluma, ba ti, kuNebukadnezari inkosi, Nkosi mana njalo!

10 Wena Nkosi u bekile isiyalezelo, ukuba bonke abantu a ba ti se be zwa ukukala kwetilongo, nengxola, nogumbu, nenkohlisa, nomqangi, nemityingo, nezinhlobo zonke zokuvuma; ba we pansi, ba dumise isitombe segolide.

11 Ko ti yena o nga wi pansi, a dumise, a ponswe pakati kwesitando somlilo ovutayo.

12 Ba kona abantu abaJuda o ba misile pezu kwezindaba zelizwe la seBabulona, uShadraki, noMeshaki, noAbed-nego; lamadoda a ka naki wena Nkosi, a ka konzi izitixo zako, a ka dumisi nesitombe segolide o si misileyo.

13 Lapo uNebukadnezari ngolaka, na ngokuvuta wa yaleza ukuzisa uShadraki, noMeshaki, noAbed-nego, ba ti ba zisa lamadoda pambi kwenkosi.

14 uNebukadnezari wa kuluma wa ti ku bona, Ku ngamabomu ini Shadraki, Meshaki, noAbed-nego a ni konzi izitixo zami, nesitombe segolide e ngi si misileyo a ni si dumisi na?

15 Kaloku uma ni lungile ngesikati ni zwa ngaso ukukala kwetilongo, nengxola, nogumbu, nenkohlisa, nomqangi, nemityingo, nezinhlobo zonke zokuvuma, ni we pansi ni dumise isitombe e ngi senzileyo, kuhle, kanti uma

a ni dumisi sona, no ponswa ngaleso-
sikati pakati kwesitando somlilo ovu-
tayo; mupi loTixo o nga ni sindisa
esandhleni sami na?
16 oShadraki, noMeshaki, noAbed-
nego, ba pendula ba ti kuyo inkosi,
Nebukadnezari a si dingi tina ukupe-
ndula kuwe nga lendaba.
17 Bheka u kona, uTixo wetu e si
m konzayo o namandhla ukusisindisa
esitandweni somlilo ovutayo, nasesa-
ndhleni sako nkosi u zo si sindisa.
18 Noma e nga kwenzi, ku ya kwa-
ziwa kuwe nkosi ukuba a si zo konza
izitixo zako, nesitombe segolide o si
misileyo a si zi uku si dumisa.
19 Lapo uNebukadnezari wa gcwala
ukuvuta, sa ti isimo sobuso bake sa nyu-
kubala nga kuShadraki, noMeshaki,
noAbed-nego; wa kuluma, wa yaleza
ukubasela isitando kakombisa ngapezu
kwa loku o kwa bonwa si baselwa ngako.
20 Wa se e yaleza amadoda amajaha
empi yake ukubopa oShadraki, noMe-
shaki, noAbed-nego, noku ba ponsa esi-
tandweni somlilo ovutayo.
21 Lapo lamadoda a botywa a sezi-
ngutyeni zawo, na semabantyini awo, na-
sekushuquleni kwawo, na sezambatwini
ezinye zawo, a ponswe pakati kwesita-
ndo somlilo ovutayo.
22 Ngako ngokuba isiyalezelo senkosi
si be nemfuto, futi isitando sa si baselwa
kakulu, ilangabi lomlilo la bulala lama-
doda a tabata oShadraki, noMeshaki,
noAbed-nego.
23 A ti lamadoda omatatu uShadraki,
noMeshaki, noAbed-nego a tyona e bo-
tyiwe pakati kwesitando somlilo ovu-
tayo.
24 Labo uNebukadnezari inkosi wa
mangala, we suka masinyane, wa kulu-
ma wa ti kuyo impakati yake; A si po-
nsanga ini amadoda amatatu abotyiwe-
yo pakati komlilo? Ba pendula ba ti
kuyo inkosi, U qinisile Nkosi.
25 Wa pendula wa ti, Bheka, ngi ya
bona amadoda amane akululekileyo a
hamba pakati komlilo, futi, a ku ko
ukonakala ku wona, si ti isimo seyesi-
ne si ya fana nendodana yotixo.
26 Lapo uNebukadnezari wa sondela
emnyango wesitando somlilo ovutayo,
wa pendula wa ti, Shadraki, Meshaki,
noAbed-nego, zinceku zika Tixo opaka-
mileyo, pumani ni ze lapa. Lapo ba
puma oShadraki, noMeshaki, noAbed-
nego, pakati komlilo.
27 Kwa ti ababusi, nezinduna, nama-
duna, nempakati yenkosi se i hlangene,
ya bona lamadoda, umlilo u bu nge na-
mandhla pezu kwemizimba yawo, ku te
unwele lwamakanda awo a lu hamuka-
nga, nezingubo zawo a zenakalanga, no-
kunuka komlilo a kuzanga pezu kwazo.
28 Wa se e kuluma uNebukadnezari
wa ti, Ma ku bongwe uTixo wabo oSha-
draki, noMeshaki, noAbed-nego, o tu-
mile ingelosi yake, e sindisile izinceku
zake e zi be zi temba kuye, zi pambene
nezwi lenkosi, zi nikile imizimba yazo,
ukuze zi nga konzi, zi dumise uTixo no-
yedwa ukupela uTixo wazo.
29 Ngako ngi beka isiyalezelo, ukuba
abantu bonke, nezizwe, nezilimi e zi ku-
luma okubi nga kuTixo ka Shadraki,
noMeshaki, noAbed-nego, zo xotywa,
nezindhlu zazo zi za kwenziwa izala,
ngokuba a ku ko uTixo omunye o nga
sindisa njengaloku.
30 Lapo inkosi ya benza ba be ba kulu
oShadraki, noMeshaki, noAbed-nego
ezweni la seBabulona.

## ISAHLUKO 4.

UNEBUKADNEZARI inkosi, kubo
abantu bonke, nezizwe, nezilimi e zi
hlezi emhlabeni wonke. Inhlalo enhle
yenu ma i vame.
2 Kwa ku kuhle kimi ukutyela izibo-
niso, nemimangaliso uTixo opakamile-
yo a yenze nga kimi.
3 Iziboniso zake zi kulu kangakana-
ni! nemimangaliso yake i namandhla
angakanani! Umbuso wake u ngumbu-
so ongunapakade, nokubusa kwake
okwezizukulwane nezizukulwane.
4 Mina Nebukadnezari nga be ngi pu-
mula endhlini yami, ngi nenhlanhla
esigodhlweni sami.
5 Nga bona ipupo, la ti la ngetusa, ne-
zicabango zami okukweni lwami, nezi-
bonakaliso zekanda lami za ngesabisa.
6 Ngako nga beka isiyalezelo ukunge-
nisa pambi kwami bonke abahlakanipi-
leyo ba seBabulona, ukuze ba ngazise
ukucasisela kwepupo.
7 Lapo kwa ngena amaqile, nabaMa-
gi, nabaKaldi, nezanusi, nga tyo ipupo
pambi kwabo, kepa ukucasisela kwalo a
ba ngazisanga kona.
8 Kepa emuva wa ngena uDanyeli pa-
mbi kwami, ogama lake li uBelteshazari
ngokwegama lotixo wami, o nomoya
wotixo abangcwele, nga se ngi tyela
ipupo pambi kwake, ngokuti,

9 Belteshazari, sikulu samaqile, ngokuba ngi yazi ukuba umoya wotixo abangcwele u kuwe; futi a i ku katazi imfihlakalo neyodwa; ngi tyele izibonakalo zepupo lami e ngi li bonileyo, nokucasisela kwalo.

10 Za ba njaloke izibonakalo zekanda lami okukweni lwami; nga be ngi bona, bhekake umuti pakati komhlaba, nokudepa kwawo kwa ku kulu.

11 Umuti wa kula wa ba namandhla; kwa ti ukudepa kwawo kwa finyelela ezulwini; nokubonakala kwawo ekugcineni komhlaba wonke.

12 Amahlamvu awo a be mahle, nezinhlamvu zawo eziningi, wa u nokudhla kwabo bonke; kwa ti izilwane za sendhle za ba nomtunzi pansi kwawo, nasemagatyeni awo za hlala izinyoni zezulu, ya ti inyama yonke yondhliwa kuwo.

13 Nga be ngi bona ezibonakalweni zekanda lami okukweni lwami, bhekake, umlindi, ukuti oyingcwele ehla ezulwini.

14 Wa memeza ngamandhla, wa tyo ukuti, Gaula umuti, u nqume amagatya awo, u vutulule amahlamvu awo, u hlakaze izinhlamvu zawo; izilwane ma zi suke pansi kwawo, nezinyoni emagatyeni awo.

15 Noko shiya isiqu sezimpande zawo emhlabatini, si nesibopo sensimbi netusi ngasezitonjeni zomhlabati; ma si netwe amazolo ezulu, nenxenye yake i be nezilwane etyanini ba sendhle.

16 Inhliziyo yake ma i pendulwe kwe yabantu, a nikwe inhliziyo yesilwane; futi izikati ezi isikombisa ma zi dhlule pezu kwake.

17 Ngommemezo wabalindi ku kona lokukwahlula, nesiyalezelo sabayingcwele si yisimemezelo lesi; ukuze abakoyo bazi ukuba Opakamileyo u busa embusweni wabantu, a wu pe kuye a m tandayo, e misa pezu kwawo otobekileyo wabantu.

18 Lelipupo mina Nebukadnezari inkosi ngi li bonile, ma u ti wena Belteshazari u tyele ukucasisela, ngokuba abahlakanipileyo bonke bombuso wami, a ba namandhla uku ngazisa ukucasisela; kodwa wena u namandhla, ngokuba umoya wotixo abayingcwele u kuwe.

19 Lapo uDanyeli ogama lake li nguBelteshazari wa dumala ngehora linye nezicabango zake za m tutumelisa. Inkosi ya pendula ya ti, Belteshazari, ipupo nokucasisela ma ku nga ku tutumelisi. uBelteshazari wa pendula wa ti, ninimina, ipupo ma li be ku bona aba ku zondayo, noku casisela kwalo kuzo izita zako.

20 Umuti owa wu bonayo, owa kula, wa ba namandhla, okudepa kwawo kwa finyelela ezulwini; nokubonakala kwawo emhlabeni wonke;

21 Omahlamvu awo a be mahle, nezinhlamvu zawo eziningi, nokudhla kwabo bonke kuwo; pansi kwawo izilwane za sendhle za ba nomtunzi, nasemagatyeni awo za hlala izinyoni zezulu.

22 U wena nkosi o kulile o namandhla, ngokuba ubukulu bako bu kulile, bu finyelele ezulwini; nokubusa kwako ekugcineni komhlaba.

23 Na ngokuba inkosi ya bona umlindi ukuti oyingcwele ehla ezulwini, e ti, Gaula umuti, u wu bubise; noko shiya isiqu sezimpande zawo emhlabatini, si nesibopo sensimbi netusi ezitonjeni zomhlabati; ma si netwe umbete wezulu, nenxenye yake i be nezilwane za sendhle, zi ze zi dhlule pezu kwake izikati ezi isikombisa;

24 Loku ku ngukucasisela nkosi; nokwahlula kwake Opakamileyo iloku o ku ze pezu komnini mina inkosi.

25 Ba ya kuti ba ku xotye ebantwini, ku ti inhlalo yako i be nezilwane za sendhle; ba ku dhlise utyani njengezinkomo, ba ku netise ngombete wezulu, ku ti izikati ezi isikombisa zi dhlule pezu kwako, u ze wazi ukuba Opakamileyo u busa embusweni wabantu, a wu nike kuye a m tandayo.

26 Na ngokuba ba yaleza ukushiya isiqu sezimpande zawo umuti, umbuso wako u me kuwe, emva kokuba wazi ukuba izulu li ya busa.

27 Ngako, nkosi isiyalelo sami ma si vumeke kuwe, u nqamule ukwona kwako ngokulunga, nokupambeka kwako ngokuba nomusa ezimpofaneni; mhlaumbe ku nga ba ukujobelela kokupumula kwako.

28 Loku konke kwa fika kuNebukadnezari inkosi.

29 Ekupeleni kwezinyanga ezi ishumi nambili wa e hamba endhlunkulu yombuso wa seBabulona.

30 Inkosi ya kuluma ya ti, Leli a si lo iBabulona elikulu e ngi lakele, li be indhlu yombuso, nokwahlula kwamandhla ami, li be futi ukuhloba kobukosi bami na?

31 Izwi li se semlonyeni wenkosi, kwa
wa izwi li vele ezulwini la ti, Ku wena
nkosi Nebukadnezari ku kulunyiwe,
umbuso se u sukile kuwe.
32 Bo ti ba ku xotya kubantu, ku ti
inhlalo yako i be nezilwane za sendhle,
ba ku dhlise utyani njengezinkomo; ko
ti izikati ezi isikombisa zi dhlule pezu
kwako; u ze wazi ukuba Opakamileyo
u busa embusweni wabantu, a wu nike
kuye a m tandayo.
33 Nga lesosikati izwi la fezwa pezu
kuka Nebukadnezari; wa ti wa xotywa
kubantu, wa dhla utyani, wa ti umzimba
wake wa netwa umbete wezulu za ze izi-
nwele zake za kula njengazo e zenqe, ne-
zinzipo zake njengazo e zezinyoni.
34 Ekupeleni kwezinsuku mina Ne-
bukadnezari nga pakamisela amehlo ami
ezulwini; kwa ti ukwazisiza kwami
kwa buyela kimi, nga za nga m bonga
Opakamileyo, nga babaza nga kulisa ye-
na o hlezi pakade, okubusa kwake ku
ngukubusa oku pakade, nombuso pezu
kwezizukulwane nezizukulwane.
35 Futi bonke aba hlezi emhlabeni ba
balelwe ize, wenza njengentando yake
empini ya sezulwini na kwaba hlezi
emhlabeni; futi a muko o nga pebeza
isandhla sake, a ti kuye, Wenzani na?
36 Nga lesosikati ukwazisisa kwami
kwa buyela kimi; ukuze ku be udumo
lombuso wami, ubukosi bami, nokuka-
zimula kwami kwa buyela kimi; ya ti
impakati, nabakulu bami ba ngi funa;
nge za nga lungiswa embusweni wami,
nobukulu banezelwa kimi kakulu.
37 Kaloku mina Nebukadnezari ngi
babaza, ngi pakamisa, ngi kulisa iNkosi
yezulu, imisebenzi yayo yonke i iqini-
so, nezindhlela zayo ukwahlula; futi bo-
na aba hamba ngokuzidhla, u nama-
ndhla uku ba dumaza.

## ISAHLUKO 5.

UBELSHAZARI inkosi wenzele aba-
kulu bake aba inkulungwane idili
elikulu, wa puza iwaini pambi kwaba
inkulungwane.
2 uBelshazari e sa li zwa iwaini wa
yaleza ukuleta izitya zegolide nezesiliva
uNebukadnezari uyise a zi kipa etempe-
leni eli be li seJerusalema; ukuze inko-
si, nabakulu bayo, nabafazi bayo, nabo
a bawo umudhlunkulu wayo ba puze
ngazo.
3 Lapo ba leta izitya zegolide e za ki-
tywa etempeleni e li indhlu ka Tixo e
be i seJerusalema; kwa ti inkosi, naba-
kulu bayo, nabafazi bayo, nabo a bawo
umudhlunkulu wayo, ba puza ngazo.
4 Ba puza iwaini ba babaza izitixo ze-
golide, nezesiliva, nezetusi, nezensimbi,
nezomuti, nezelitye.
5 Nga lesosikati kwa vela iminwe ye-
sandhla somuntu, ya loba nga solutini
lwesibane ekunamekweni kodonga lwe-
ndhlu yenkosi; ya ti inkosi ya bona
impama yesandhla e sa lobayo.
6 Lapo inkosi ukwenama kwayo kwa
fipala, za ti izicabango zayo za yetusa, za
ze za xega izinyonga zokalo lwayo; a
tyayana amadolo ayo.
7 Lapo inkosi ya memeza ngama-
ndhla, ukungenisa abaMagi, nabaKaldi,
nezanusi; Inkosi ya kuluma ya ti kwa-
bahlakanipileyo ba seBabulona; Lomu-
ntu o ya ku funda lombalo, a ngi bonise
ukucasisela kwawo u zo vata okubomvu,
nesiyinga segolide entanyeni yake, a
buse okwesitatu embusweni.
8 Ba se be ngena abahlakanipileyo bo-
nke benkosi, kepa ba be be nge nama-
ndhla ukufunda umbalo, noku yazisa
inkosi ukucasisela.
9 Lapo inkosi uBelshazari ya i kata-
zeka kakulu, ukwenama kwayo kwa fi-
pala pakati kuyo; ba dumala nabakulu
bayo.
10 Ngamazwi enkosi nabakulu bayo,
inkosikazi ya ngena endhlini yokupuza;
inkosikazi ya kuluma ya ti, Nkosi mana
njalo! izicabango zako ma zi nga ku ka-
tazi, ku nga fipali nokwenama kwako.
11 U kona umuntu embusweni wako
o moya woTixo abayingcwele u kuye,
kwa ti ngemihla ka yihlo, ukukanya,
nokuqonda, nokuhlakanipa kwa funya-
nwa kuye, inkosi uNebukadnezari uyi-
hlo, ngi tyo inkosi uyihlo ya m misa a
be isikulu samaqile, nabaMagi, nabaKa-
ldi, nezanusi.
12 Ngokuba umoya odhlulayo, no-
kwazi, nokuqonda; umcasiseli wama-
pupo, otyelisisa ukucandela, umtuku-
luli wemibuzo enqala, kwa funyanwa
kuye uDanyeli, inkosi ya m biza uBe-
lteshazari; kaloku ma ka bizwe uDa-
nyeli, wo ti a bonise ukucasisela.
13 Lapo uDanyeli wa ngeniswa pambi
kwenkosi; Inkosi ya kuluma, ya ti ku-
Danyeli, Wena u ngu lowo Danyeli
owamadodana a tunjwa eJudia, inkosi
ubaba ya m leta e vele eJuda na?
14 Ngi zwile ngawe ukuba umoya
woTixo aba ingcwele u pakati kwako,

futi ukukanya, nokuqonda, nokuhlakanipa okwadhlulayo ku funyenwe kuwe.

15 Na manje abahlakanipileyo, nabaMagi ba ngeniswe pambi kwami, ukuze ba funde lombalo, bangazise ukucasisela kwawo, kepa ba ba be nge namandhla ukubonisa ukucasiselwa kwento.

16 Ku te ngi zwile ngawe, ukuba u namandhla ukutyela ukucasisela, noku tukulula imibuzo enqala; kaloku uma u nga funda lombalo, u ngazise ukucasisela kwawo, u zo vata okubomvu, nesiyinga segolide entanyeni yako, u buse okwesitatu embusweni.

17 Lapo uDanyeli wa pendula wa ti pambi kwenkosi, Izipo zako ma zi be ku wena, nemivuzo yako yi nike komunye; ngo wu funda pela umbalo kuyo inkosi, ngi yazise ukucasisela.

18 Wena nkosi, uTixo opakamileyo wa m nika uNebukadnezari uyihlo umbuso, nobukulu, nodumo, nobukosi:

19 Kwa ti ngobukulu o wa m nika bona, bonke abantu, nezizwe, nezilimi ba be tutumela, ba saba pambi kwake; yena o wa m tanda, wa m bulala, futi o wa m tanda, wa m sindisa; o wa m tanda, wa m pakamisa, o wa m tanda, wa m dumaza.

20 Kepa se i pakeme inhliziyo yake, nomoya wake u ze u be lukuni ngokuzidhla, wehliswa enhlalweni yombuso wake, ba susa nodumo lwake kuye.

21 Kwa ti wa xotywa kubantwana babantu; ya ti inhliziyo yake yenziwa njengayo e yezilwane, nokuhlala kwake pakati kwezimbongolo, nomzimba wake wa netwa umbete wezulu, ukuze azi ukuba uTixo Opakamileyo u busa embusweni wabantu, a mise pezu kwawo yena a m tandayo.

22 Kepa wena ndodana yake, Belshazari, a u tobisanga inhliziyo yako, nokuba wa kwazi loku konke.

23 Kanti u zikukumezile nga kumNinizulu, futi ba lete izitya zendhlu yake pambi kwako, nawe nabakulu bako, nabafazi bako, nabo abawo umudhlunkulu wako ba puzile iwaini ngazo; u babazile wena izitixo zesiliva, negolide, netusi, nensimbi, nomuti, nelitye, e zi nga boni, zi ngezwa, zi ngazi, kodwa uTixo ompefumlo wako u sesandhleni sake, nezindhlela zako zonke zi kuye, a u m dumisanga;

24 Lapo impama yesandhla ya tunywa nguye; wa se u lotywa lombalo.

25 Kuti lo u ngumbalo o wa lotywayo; MINE, MINE, TIKEL, UPHARSIN.

26 Loku ku ngukucasisela kwento, MINE, uTixo u balile umbuso wako u wu qedile.

27 TIKEL, U linganisile wena esilinganisweni, u funyenwe u lula.

28 PIRES, Umbuso wako u hlukene, u nikiwe kwabaMadai, nabaParasi.

29 Lapo uBelshazari wa yaleza, ba se be m ambesa uDanyeli okubomvu, nesiyinga segolide entanyeni yake; ba memeza ukuba, wo busa okwesitatu embusweni.

30 Nga lobobusuku uBelshazari inkosi yabaKaldi wa bulawa.

31 Wa ti uDarisu umMadai wamkela umbuso, e be neminyaka e ngamashumi atatisitupa nambili.

## ISAHLUKO 6.

KWA ba kuhle kuDarisu ukumisa pezu kombuso ababusi aba ikulu namashumi amabili a be pezu kombuso wonke.

2 Na pezu kwabo izikonzi ezitatu e sokuqala sazo uDanyeli; ukuze ababusi laba ba landise kuzo, i nga bi nasonakalo inkosi.

3 Lapo uDanyeli wa dhlula izikonzi nababusi, ngokuba umoya omuhle u be kuye; ya ti inkosi i za ku m misa pezu kombuso wonke.

4 Lapo izikonzi, nababusi ba be be hlola, ukuze ba funyanise insolo nga kuDanyeli ngawo umbuso; kepa ba be be nga namandhla ukufumana insolo, noku icala kuye; ngokuba u be kolisa, ku nga tolwanga isipambeko, necala kuye.

5 Lapo lamadoda a ti; A si zo fumana insolo nga kuye loDanyeli uma si nga li fumani na kuye ngomteto ka Tixo wake.

6 Lapo lezizikonzi, nababusi ba butana ngenxokozelo enkosini, za kuluma kuyo ngokuti, Nkosi Darisu, mana njalo.

7 Izikonzi zonke zombuso, nezinduna, nababusi, nempakati, nababusana ba kulumisene ukumisa ummiso wenkosi, noku qinisa isinqabelo, ukuti, Yena o cela isicelo kuTixo na kumuntu ukupela kuwe nkosi, ezinsukwini ezingamashumi amatatu, u zo ponswa empandwini wezingonyama.

8 Kaloku nkosi ma u mise isinqabelo, u lobe umbalo, ukuba u nga pendulwa

njengomteto wabaMadai nabaParasi, o nga dhluliyo.
9 Ngaloko inkosi uDarisu ya loba umbalo, nesinqabelo.
10 Wa ti uDanyeli se e kwazile ukuba umbalo u be u lotyiwe, wa ngena endhlini yake, i ti i vuleka intuba yake egumbeni lake e li qonda nga seJerusalema, wa guqa ngamadolo ake izikati ezitatu ngosuku, e tandaza, e bonga pambi kuka Tixo wake njengo wa kwenza kuqala.
11 Lapo lamadoda a butana ngenxokozelo, a fumana uDanyeli e cela, e nceuga pambi kuka Tixo wake.
12 A ti a sondela, a kuluma pambi kwenkosi ngesinqabelo senkosi; A u lobanga isinqabelo, ukuba bonke abantu a ba cela kuTixo, na kumuntu pakati kwezinsuku ezi ngamashumi amatatu ukupela kuwe nkosi, ba zo ponswa empandwini wezingonyama na? Inkosi ya pendula ya ti, I qinisile lendaba, njengomteto wabaMadai nabaParasi o nga dhluliyo.
13 A se ya pendula, a ti pambi kwenkosi; ukuti; uDanyeli o wabantwana bokutunjwa kubaJuda a ka naki wena nkosi, nesinqabelo o si lobileyo, kepa u ya cela isicelo sake izikati ezitatu ngosuku.
14 Lapo inkosi se i zwile lelizwi, ya i katazeka kakulu ngokwayo, ya beka inhliziyo yayo kuDanyeli uku m kulula, ya i zama ku ze ku be sekutyoneni kwelanga uku m kulula.
15 Lapo lamadoda a butana ngenxokozelo kuyo inkosi, a ti kuyo inkosi; Yazi nkosi, ukuba ku ngumteto wabaMadai nabaParasi, ukuti isiyalezelo, nommiso o misiwe inkosi a u nge pendulwe.
16 Inkosi ya se i yaleza, ba ti ba m leta uDanyeli, ba m ponsa empandwini wezingonyama, kepa inkosi ya kuluma ya ti kuDanyeli, uTixo wako o m konza njalo, wo ku kulula.
17 La se li letwa itye, li bekwe pezu komlomo wompandu, ya ti inkosi ya li gcina ngopau lwendandato yayo, na ngopau lwendandato yabakulu bayo, ukuze into ngoDanyeli i nga penduki.
18 Lapo inkosi ya buyela esigodhlweni sayo, ya hlala ubusuku, i zila ukudhla, futi a si ngeniswanga isifazana pambi kwayo, ba yi putela ubutongo bayo.
19 Lapo inkosi ya vuka ngovivi lokusa ya ya ngokutyetya empandwini wezingonyama.
20 Ya ti ekusondeleni kwayo empandwini, ya memeza kuDanyeli ngezwi lokudabuka; inkosi ya se i kuluma ya ti kuDanyeli, Danyeli nceku ka Tixo okoyo; uTixo wako o m konza njalo u be namandhla uku ku kulula kuzo izingonyama na?
21 Lapo uDanyeli wa kuluma kuyo inkosi; Nkosi, mana njalo!
22 uTixo wami u tumile ingelosi yake, u vimbile imilomo yezingonyama, a zi ngi limazanga; ngokuba pambi kwake ukulunga kwa funyanwa kimi, na pambi kwako nkosi a ngenzanga isono.
23 Lapo inkosi ya jabula kakulu ngaye, ya yaleza uku kupula uDanyeli empandwini, a ku tolwanga ingozi kuye, ngokuba wa e kolwa kuTixo wake.
24 Inkosi ya se i yaleza, ba ti ba leta lamadoda a m ceba uDanyeli; ba ponsa empandwini wezingonyama wona, nabantwana bawo, nabafazi bawo; za ti izingonyama zeqa pezu kwabo be nga ka fiki pansi empandwini, za coboza onke amatambo abo.
25 Lapo uDarisu inkosi wa loba kuzo izizwe zonke, nabantu, nezilimi e zi hlezi emhlabeni wonke, Inhlalo enhle yenu ma i vame.
26 Ngi ya beka isiyalezelo, ukuba ekubuseni konke kombuso wami, bonke abantu a ba tutumele besabe pambi kuka Tixo ka Danyeli; ngokuba yena u nguTixo okoyo; o mi ku ze ku be pakade; nombuso wake a u zo citwa, nokubusa kwake ko ma ku ze ku be pakade.
27 U ya kulula e sindisa, Yena u ya sebenza iziboniso, nemimangaliso ezulwini, na semhlabeni, o kulule uDanyeli emazityeni ezingonyama.
28 Wa ti uDanyeli wa hlala kahle ekubuseni kuka Darisu, na sekubuseni kuka Kuresi umParasi.

## ISAHLUKO 7.

NGONYAKA wokuqala ka Belshazari inkosi ya seBabulona, uDanyeli wa bona ipupo, nezibonakalo zekanda lake okukweni lwake; lapa wa loba ipupo, wa tyela isihloko sezindaba.
2 uDanyeli wa kuluma, wa ti, Nga be ngi bona esibonakalweni sami ebusuku, bhekake imimoya emine yezulu ya i vunguzela pezu kolwandhle olukulu.
3 Za ti izilo ezine ezikulu za pupu-

ma elwandhle, za zi hlukana esinye kwesinye.
4 Esokuqala njengengonyama si be namapiko enqe, nga be ngi bheka a ze a hlutwa amapiko aso; sa ti sa pakanyiswa pezu komhlaba, sa miswa ngezinyawo njengomuntu, sa piwa inhliziyo yomuntu.
5 Bhekake isilo esinye sesibili, si fana nebere, sa miswa ohlangotini olunye; sa ba nezimbambo ezintatu emlonyeni waso pakati kwamazinyo aso; ba tyo njalo bona kuso; Suka u dhle inyama eningi.
6 Emva kwa loku nga be ngi bona, bhekake esinye si njengengwe, si be namapiko amane enyoni emhlana waso, namakanda amane a be sesilweni, nokubusa kwa piwa kuso.
7 Emva kwa loku nga be ngi bona ezibonakalweni zobusuku; bhekake isilo sesine esi sabekayo esi namandhla esadhlula kakulu; sa si namazinyo amakulu ensimbi, sa dhla sa fohloza, sa nyatela okuseleyo ngezinyawo zaso; sona sa hlukana nezilo zonke e zi be pambi kwaso, sa si nezimpondo ezi ishumi.
8 Nga be ngi bhekisisa izimpondo, bhekake, kwa puma pakati kwazo upondo olunye oluncinane; za ti ezintatu izimpondo zokuqala za donyulwa pambi kwaso; bhekake, opondweni lolu a be kona amehlo njengamehlo omuntu, nomlomo o kuluma okukulu.
9 Nga be ngi bona kwa za kwa bekwa izihlalo zobukosi, wa ti, Omdala wezinsuku wa hlala, okwambata kwake kwa ku mhlope njengongqoqwane, nezinwele zekanda lake njengoboya bemvu obuhlanzekileyo; isihlalo sobukosi bake sa si ngamalangabi omlilo, namasondo ake a be umlilo ovutayo.
10 Umfula womlilo wa hamba u puma pambi kwake, inkulungwane yezinkulungwane ya m konza, nezinkulungwane ezi ishumi zezinkulungwane ezi ishumi ze ma pambi kwake; ukwahlula kwa hlala, izincwadi za penywa.
11 Lapo nga be ngi bona ngayo inhlokomo yamazwi amakulu a shunyayelwa upondo: nga be ngi bona sa za sa bulawa isilo; nomzimba waso wa bujiswa, wa nikelwa emlilweni ovutayo.
12 Kepa ezinye izilo zamukwa ukubusa kwazo, noko ukujobelela kokuhlala kwa piwa kuzo ngomzuzu, nesikati.
13 Nga be ngi bona ezibonakalweni zobusuku, bhekake wa e fika o njenge-Ndodana yomuntu o namafu ezulu, weza kOmdala wezinsuku, ba se be m sondeza pambi kwake.
14 Kwa ti kwa piwa kuye ukubusa, nodumo, nombuso, ukuze abantu bonke, nezizwe, nezilimi zi m konze, ukubusa kwake ku ngukubusa ku ze ku be pakade, nombuso wake iwo o nga yi ku citwa.
15 Mina Danyeli umoya wami wa katazeka pakati kwesikwama sawo, nezibonakalo zekanda lami za ngetusa.
16 Nga sondela komunye wabo a bemiyo, nga buza kuye iqiniso la loku konke; wa se e pendula kimi wa ngazisa ukueasisela kwezindaba.
17 Lezizilo ezikulu, ezine, zi ngamakosi amane, a ya kuvuka emhlabeni,
18 Kepa abangcwele bOpakamileyo ba zo wamkela umbuso, ba be nawo umbuso ku ze ku be pakade, ku ti ku ze ku be pakade, ku be ngunapakade.
19 Lapo nga funa iqiniso ngesilo se sine, e sahlukene nazo zonke lezi, esi sabekayo kakulu, amazinyo aso a be insimbi, nezinzipo zaso itusi, e sa dhla, sa fohloza, sa nyatela insalo ngezinyawo zaso.
20 Na ngezimpondo ezi ishumi ezi be zi sekanda kuso, nangolunye o lwa puma, e za wa pambi kwalo ezintatu; lolupondo olu be namehlo, nomlomo olwa kuluma okukulu, ukubonakala kwalo kwa ku kulu ku zona ezi intanga yalo.
21 Nga be ngi bona, kwa ti lolupondo lwa lwa naba ingcwele, lwa ba namandhla pezu kwabo.
22 Wa ze we za Omdala wezinsuku, kwa ti ukwahlula kwa piwa kwaba ingcwele bOpakamileyo, sa ti sa fika isikati aba ingcwele a ba buya ngaso ba ba nombuso.
23 Njalo wa tyo ukuti, Isilo sesine sa ba umbuso wesine emhlabeni, o ya ku hlukana nemibuso yonke, isona si zo wu dhla umhlaba wonke, si wu nyatele, si wu fohloze.
24 Ku ti izimpondo ezi ishumi ku lombuso, zi ngamakosi a ishumi a ya kuvuka, nenye yo vuka emva kwawo; e ya ku ti i hlukane nawo okuqala, i nqobe amakosi amatatu.
25 Yona yo kuluma amazwi nga kuye Opakamileyo, i kataze abangcwele bOpakamileyo, i tembe ukuguqula izikati,

nezimemezelo; bo ti ba nikelwe esandhleni sayo ku ze ku be isikati, nezikati, nenxenye yesikati.

26 Kepa ukwahlula ko hlala, bo ti ba suse ukubusa kwayo, ukucita noku qeda kona ku ze ku be sekupeleni.

27 Ko ti umbuso, nokubusa, nobukulu bombuso pansi kwezulu lonke ku piwe kubantu aba ingcwele bOpakamileyo, ombuso wake u ngumbuso ongunapakade, ku ya ku ti imibuso yonke i m konze, i m lalele.

28 Ku ze ku be iloku ku ngukugcina kwendaba. Mina Danyeli izicabango zami za ngetusa, nobuso bami ba fipala pakati kwami, kodwa nga gcina indaba enhliziyweni yami.

## ISAHLUKO 8.

NGONYAKA wesitatu wokubusa kuka Belshazari inkosi, isibonakalo sa bonwa imi, mina Danyeli emva kwaleso e sa bonwa imi kuqala.

2 Nga ti nga bona esibonakalweni, kwa se ku ti ekuboneni kwami, nga ngi seShushani enqabeni ezweni la seElami: nga ti nga bona esibonakalweni, ngi semfuleni eUlai.

3 Nga se ngi pakamisa amehlo ami, nga bona, bhekake, inqama i mi ngasemfuleni i nezimpondo ezimbili: za ti izimpondo za pakama; kepa olunye lwa pakama kunolunye, lwa ti olupakamileyo lwa mila muva.

4 Nga bona inqama i tikazisa ngasentyonalanga, nangasenyakato, nangaseningizimu; ukuze izilo zonke zi nge mi pambi kwayo, kwa ku ngeko o nga punyula esandhleni sayo; kodwa yenza njengentando yayo, ya kula.

5 Nga ti ngi sa qonda, bheka, impongo i vele ngasentyonalanga, ye za pezu kobuso bomhlaba wonke, i nga namati umhlabati; ya ti impongo ya ba nopondo olunakekileyo pakati kwamehlo ayo.

6 Ya se i za kuyo inqama e nezimpondo ezimbili e nga yi bona i mi ngasemfuleni, ya i sukela ngolaka lwamandhla ayo.

7 Lapo nga yi bona i sondela kuyo inqama, ya yi tukutelela, ya tyaya inqama, yapula izimpondo ezimbili zayo; kwa ku ngeko amandhla enqameni uku ma pambi kwayo; kepa ya yi wisa emhlabeni, ya yi nyatela pansi; kwa ku ngeko o sindisa inqama esandhleni sayo.

8 Ngako impongo ya kula kakulu; ku te se i namandhla, upondo olukulu lwayo lwapuka; kepa esikundhleni salo, kwa mila ezine ezinakekileyo ngasemimoyeni emine yezulu.

9 Kwa ti kwa puma kulo olunye lwazo, upondo oluncane, olwa kula kakulu ngaseningizimu, na ngasempumalanga, na ngasezweni elihle.

10 Lwa ti lwa kula ku ze ku be sebandhleni lezulu, lwa wisa emhlabeni ezitile zebandhla ne zezinkanyezi, lwa zi nyatela pansi.

11 Lwa ti lwa zikulisa ku ze ku be sesikulwini sebandhla, kwa ti kwa suswa yilo ukunikela kwemihla, ya wiswa pansi inhlalo yokuyingcwele kwaso.

12 La ti ibandhla la miswa pezu kokunikela kwemihla ngokona, la ti la wisa pansi iqiniso emhlabeni, lenza, la dhlula.

13 Lapo nga mu zwa oyingcwele e kuluma; nomunye oyingcwele wa ti ku lowotile oyingcwele o wa e kuluma; Ko za ku be nini isibonakalo ngokunikela kwemihla, na ngokona kocitayo, uku nika okuyingcwele, nebandhla uku nyatelwa pansi na?

14 Wa se e ti kimi, Ko ze ku be imihla e izinkulungwane ezimbili; lapo okuyingcwele ko hlanzwa.

15 Kwa ti ngi sa bona mina Danyeli isibonakalo, nga funa ukwazisisa, bhekake kwe ma pambi kwami ku nga ti isimo somuntu.

16 Nga se ngi zwa izwi lomuntu pakati kwezindonga zeUlai; wa memeza, wa ti, Gabireli, yazisa lomuntu isibonakalo.

17 Wa se e za lapa ngi mi kona; kwa ti ukufika kwake ngesaba, nga wa ngobuso bami; wa ti kimi yazisisa ndodana yomuntu, ukuba isibonakalo si sesikatini sokupela.

18 Kwa ti e sa kuluma nami, nga be ngi lele ubutongo obukulu, ngobuso bami emhlabeni: wa ti wa ngi pata, wa ngi misa ngokuma kwami.

19 Wa ti bheka ngi ya kwazisa o ko ba kona ekupeleni kwentukutelo, ngokuba ukugcina ku sesikatini esimisiweyo.

20 Inqama o yi bonileyo e nezimpondo ezimbili, i ngamakosi a seMadai na seParasi.

21 Ku ti impongo e isiyepu i yinkosi ya seJavani; ku ti upondo olukulu olu ngapakati kwamehlo ayo, lona lu yinkosi yokuqala.

22 Ku ti nga lolo olwapulwayo, za se zi ma ezine esikundhleni salo; imibuso emine i ya kuma kuso isizwe, kepa i nge namandhla ayo.

23 Ko ti ekupeleni kokubusa kwayo, se zi pelele izihlubuko zayo, inkosi i ya kuma i lukuni ngobuso, i wazi amacebo.

24 Ko ti amandhla ayo a kule, ku nge ngamandhla ayo kodwa; yo cita ngokumangalisayo, yahlule, yenze; i cite abanamandhla, nabantu aba ingcwele.

25 Na ngobuqile bayo i ya kwahlulisa inkohliso ngesandhla sayo; yo ti i zikulise enhliziyweni yayo, i cite abaningi be sekutuleni; futi i ya ku mela iNkosi yamakosi, kepa yo fohlozwa ku nge ngesandhla.

26 Futi isibonakalo sokuhlwa ne sokusa e sa tyiwo si yiqiniso; kepa gcina wena isibonakalo, ngokuba si nezinsuku eziningi.

27 Kwa ti mina Danyeli nga be ngi dangela, ngi gula izinsuku ezitile; nga se ngi vuka, ngenza umsebenzi wenkosi; nga mangala ngesibonakalo, kepa wa e ngeko o sazisisayo.

## ISAHLUKO 9.

NGONYAKA wokuqala ka Dariusi indodana kaAhashweroshi o wenzalo yamaMadai, owenziwa inkosi pezu kombuso wabaKaldi.

2 Ngonyaka wokuqala wokubusa kwake, mina Danyeli ngazisisa ngezincwadi isibalo seminyaka, e la ba kona izwi lika Jehova ngayo kuJeremia umazisi, ukupelelisa iminyaka e ngamashumi a isikombisa ekucitakaleni kweJerusalema.

3 Nga ti nga beka ubuso bami kuyo iNkosi uTixo ukufunisisa ekutandazeni, nasekunxuseni, kanye nokuzila ukudhla, nendwangu yoboya, nomlota.

4 Nga ti nga tandaza kuJehova uTixo wami, nga bika izono zetu; nga ti, Au, Nkosi, Tixo omkulu osabekayo; o gcina uvumelwano nomusa kubo aba m tandayo, aba londa izimemezelo zake.

5 Sonile, si pambekile, senzile kabi, si hlubukile ngokudeda ezimemezelweni zako, nasemtetweni yako.

6 Futi a si lalelanga izinceku zako abazisi, aba shumayele egameni lako kuwo amakosi etu, namakosana etu, nabo baba betu, na kubantu bonke belizwe.

7 Au Nkosi ku kuwe ukulunga, kitina ku kona amahloni obuso njenganamhla; na kumuntu wa seJuda, na kubo aba hlezi eJerusalema, na kwabaIsraeli bonke aba seduze, naba kude, emazweni onke lapo u ba kapezele kona, ngenkohliso yabo a ba yenzile ngokwenkohliso'ngakuwe.

8 Nkosi ku kitina amahloni obuso, na kumakosi etu, namakosana etu, na kobaba betu, ngokuba sonile nga kuwe.

9 Kuyo iNkosi uTixo wetu ku kona isisa, noyekelo, ngokuba si hlubukile kuye.

10 Futi a si lalelanga izwi lika Jehova uTixo wetu, ukuhamba emtetweni yake, a yi beke pambi kwetu ngesandhla sezinceku zake abazisi.

11 Nabo bonke abaIsraeli beqile umteto wako, ngokudeda ukuze ba nga laleli izwi lako, kanti wena u tetile pezu kwetu isituko, nesifungo e si lotyiwe emtetweni ka Mosi inceku ka Tixo, ngokuba sonile nga kuye.

12 U ti u qinisile amazwi ake a wa kuluma ngati, na ngabahluli betu a ba sahlula, ngokuleta okubi okukulu pezu kwetu; ukuti a ku zanga kwenziwe ngapansi kwezulu lonke njengaloku o kwenziwe eJerusalema.

13 Njengokulotyiwe emtetweni ka Mosi, loku okubi konke ku ze pezu kwetu; kade a si kulekanga kuJehova uTixo wetu, ukubuya ezonweni zetu, nokunakela iqiniso lako.

14 Ngako uJehova u lindile pezu kobubi, u bu buyisele pezu kwetu; ngokuba u lungile uJehova uTixo wetu ngayo yonke imisebenzi yake a yenzayo; kepa a si lalelanga izwi lake.

15 Na kaloku Nkosi Tixo wetu o pumisile abantu bako ezweni la sEgipite ngesandhla esinamandhla; o zenzele futi igama njenganamhla; sonile, senze kabi.

16 Au Nkosi ngokulunga konke kwako, ma ku dede ulaka lwako nentukutelo yako emzini wako iJerusalema, intaba yako eyingcwele, ngokuba ngezono zetu, na ngokupambeka kwa obaba betu, iJerusalema, nabantu bako ba yihlazo kuzo zonke izindawo e zi si zungelezayo.

17 Na kaloku yizwa Tixo wetu umtandazo wenceku yako, nokunxusa kwayo u kanyise ubuso bako pezu kokuyingcwele kwako o ku citeke ngenxa yeNkosi.

9 Ngo twala ulaka luka Jehova, ngokuba ngi m onile, a ze a pike ukupika kwami, a ngenzele ukwahlula: wo ngi pumisela ekukanyeni, ngo bona ukulunga kwake.

10 Lapo isita sami so bona, ko ti ukujaba ku si sibekele, e si be si tyo kimi, ukuti, U pi yena uJehova uTixo wako na? amehlo ami o si bona: kaloku si ya kunyatelwa pansi njengodaka lwezindhlela.

11 Ngosuku lokwaka izindonga zako, ngalolosuku isiyalezelo so suka.

12 Ngalolosuku yena u ya kuza kuwe o suke eAshuri, na semizini ebiyiweyo, o suke futi enqabeni na semfuleni, naselwandhle ku suke elwandhle, na sentabeni ku ze ku be sentabeni.

13 Noko izwe li ya kuba incitakalo ngenxa yabo aba hlezi kulo, ngaso isitelo sokwenza kwabo.

14 Funza abantu bako ngodondolo lwako, izimvu zokuzuza kwako e zi hlezi zodwa ehlatini, ngapakati kweKarmeli: ma zi dhle eBashane na seGiladi njenga sezinsukwini zamandulo.

15 Njenga semihleni yokupuma kwako ezweni la sEgipite ngo ba bonisa imimangaliso.

16 Izizwe zo bona zi jabe emandhleni onke azo: ba zo beka isandhla emlonyeni, izindhlebe zazo zo ba butuntu.

17 Zo kota utuli njengenyoka; njengezikasayo zomhlaba zo zamazama ekuvalekeni kwazo; ba ya kututumela ngaye uJehova uTixo wetu, besabe ngawe.

18 Ubani o nguTixo njengawe o susa isono, o dhlulela esipambekweni sabensalo yokuzuzwa kwake? a ka gcini ulaka lwake ku ze ku be pakade, ngokuba u ya tokoza emuseni yena.

19 Wo penduka, wo si haukela; wo nyatela pansi izipambeko zetu; Wena wo ponsa zonke izono zabo ebudeni bolwandhle.

20 Wo nika iqiniso kuJakobe, nomusa kuAbrahama, o fungile kubo obaba betu emihleni ya sendulo.

---

# INCWADI KA NAHUME.

ISAHLUKO 1.

INKULUMO ngoNineva. Incwadi yesibonakalo sika Nahume umElkoshi.

2 uTixo u nomona; uJehova u ya pindisela; uJehova u pindisela, e vuta ngolaka; uJehova u pindisela kuzo izita zake, futi wo gcinela abazondi bake impindiselo.

3 uJehova u libala ukutukutela, u namandhla amakulu, a ka yi ku yekela ngokuyekela: uJehova u nendhlela yake esivunguvungwini, na sesipepweni; amafu a ngutuli lwezinyawo zake.

4 U ya kuza ulwandhle e lomisa, u yomisa nemifula yonke: uBashane u ya buna, noKarmeli, nembali ya seLebanoni i ya buna.

5 Izintaba zi ya zamazama ngaye, nemimango i ya ncibilika, ku ti umhlaba u ya pakanyiswa ebusweni bake, yebo, izwe nabo bonke abahlezi kulo.

6 Ubani o ngema pambi kwentukutelo yake, ubani o nga vuka ekuvuteni kolaka lwake na? intukutelo yake i ya telwa njengomlilo, amatye a ya wiswa pansi nguye.

7 uJehova u lungile, u inqaba ngosuku lwenhlupeko; futi u ya bazi ababalekayo be ya kuye.

8 Kepa ngomsinga odhlulayo u ya kwenza ukuqeda kwendawo yayo intukutelo, futi ubumnyama bo landela abazondi bake.

9 Ni cebani nga kuye uJehova na? Yena u ya kwenza ukuqeda: uhlupo a lu yi ku vuka kabili.

10 Ngokuba lapo ba ya kwalukana njengameva, na lapo be dakiwe njengesidakwa, ba ya dhliwa njengezibi ezomileyo impela.

11 U pumile kuwe o ceba okubi ngakuye uJehova, umyali ka Beliali.

12 Njalo u tyo uJehova ukuti, Ngokuba ba pelele, na ngako ba ngabaningi, ba ya kusikwa pansi noko, ba fe. Ngokuba ngi ku hlupile, a ngi sa yi ku ku hlupa.

13 Kaloku pela ngo yapula intonga yake i nga bi pezu kwako, ngi dabule izibopo zako.

14 Futi uJehova u yalezile ngawe, ukuba, a ku yi ku hlwanyelwa futi kulo igama lako; ngo nquma endhlini yezi-

tixo zako isitombe esibaziweyo, nesitombe esincibilikisiweyo: ngo beka ituna lako ngokuba u delekile.

15 Bheka pezu kwezintaba izinyawo zojabulisayo ngezindaba, zoshumayela ukutula! Juda gcina amadili ako, pelelisa izifungo zako: ngokuba uBeliali a ka sa yi ku pinda ukudabula pezu kwako; u nqunyiwe impela yena.

ISAHLUKO 2.

OCITAYO u kupukile pambi kobuso bako, ukugcina inqaba; linda indhlela, qinisa izinkalo zako, qinisa amandhla ako kakulu.

2 Ngokuba uJehova u buyisile ukupakama kwa seJakobe, njengokupakama kwa seIsraeli: ngokuba abatululayo ba ba tululile, ba bulalile amahlamvu ezinwazi zabo.

3 Isihlangu samaqawe ake si guqulwe sa ba bomvu, amadoda a iziqwaga ambete okubomvu: izincwele zi nokucwazimula kwezinkemba ngosuku lokulungisa kwake, ko ti imikonto i zanyazanyiswe.

4 Izincwele zo hlanya ezindhleleni, zo hambahamba emendweni ebanzi; ukubonakala kwazo ko ba njengezibane, zi gijima njengemibane.

5 Wo kumbula izikulu zake: zi zo kubeka ekuhambeni kwazo; zo tyetyela ezindongeni zayo, isibekelo si zo lungiselwa.

6 Amasango emifula a ya kuvulelwa, indhlu enkulu i ya kudilizwa.

7 Ko ti uHuzabi wo zibukulwa, wo kutyulwa, nezincekukazi zawo zi bubula njengezwi lamajuba a beta pezu kwezifuba zawo.

8 Kepa uNineva u njengecibi lamanzi kwa semihleni yamandulo: noko ba zo baleka, be ti, Yimani, yimani, ku ngeko o bheka emuva kodwa.

9 Pangani isiliva, pangani igolide, kepa a kuko ukukaula kwengcebo, nokukazimula kuzo zonke izimpahla ezifunekayo.

10 U ize, u tululile, u citekile, futi inhliziyo i ya ncibilika, amadolo a ya xega, ukututumela ku sezinkalweni zonke, imibuso yonke i ya zuza ukuvuta.

11 Ipi inhlalo yezingonyama, nayo indawo yokudhla yezingonyama ezintya, lapo ingonyama e ibubesi elibodhlayo li zihambela kona, neundhlu lengonyama, ku ngeko o zetusayo?

12 Ingonyama i ya dwengulela okwanele amaundhlu ayo, i pindisela izingonyamakazi zayo, i gcwalise imigodi yayo okudatyuliweyo, nezinhlalo zayo okwapuliweyo.

13 Bheka ngi nga kuwe, u tyo uJehova wamabandhla, ngo ti ngi tyise izincwele zawo emuseni, futi inkemba i ya kudhla izingonyama ezintya zako: ngo nquma nempango yako emhlabeni, a li sa yi ku zwiwa pela izwi lezitunywa zako.

ISAHLUKO 3.

MAYE kumuzi wezingazi! u gcwele inkohliso nokwamuka; a u dedi empangeni.

2 Umsindo wesiswepu, nomsindo wokuzamazisa kwamasondo, nokuzungeleza kwamahashi, nezincwele ezeqayo.

3 Abakwela ehashini ba ya pakamisa inkemba ecwazimlayo, nomkonto okazimulayo futi baningi abahlatyiweyo, zi vamile izibili zabafileyo, a kuko nokukaula kwezidumbu, ba ya kubeka ezidumbwini zabo.

4 Ngokuvama kokupinga kompingikazi obukekayo, umnikazi wokutakata, o tengisa ngezizwe ngokupinga kwake, nemindeni ngokutakata kwake.

5 Bheka, Ngi nga kuwe, u tyo uJehova wamabandhla; ngi ya kuti ngi zibukule izambato zako ebusweni bako, ngi bonise izizwe ubunqunu bako, nemibuso ihlazo lako.

6 Ngo ponsa pezu kwako okunengiweyo, ngi ku hlazise, ngi ku beke u be njengombonelo.

7 Ku ya kuti pela ukuba bonke aba ku bonayo, ba baleke kuwe, be ti, uNineva u citekile: ubani wo wu haukela? ngo ba funelapi wena abaduduzi na?

8 U lungile wena ku noNo-Amoni yini, o be u hlezi ngasemifuleni u pahlwa amanzi, okubiyelwa kwawo kwa ku ngulwandhle nodonga lwawo lwa ba selwandhle?

9 Amandhla awo a be uKushi noEgipite, futi ukukala kwawo kwa ku ngeko; abasizayo bako ba be uPuti noLubimi.

10 Wona nawo u hambile u dedela ekutunjweni, futi abantwana bawo ba fohlozwa esihlokweni kuzo zonke izindhlela; ba ti ba ponsela abadumileyo bako ngenkato, futi izikulu zonke zako za botywa ngamaketanga.

11 Wena u ya dakwa; u zo siteka; futi wo funa indawo ebiyiweyo ngabo abazondi.

12 Izinqaba zako zonke zi njengemiti
yomkiwane i namakiwane a vutiwe ku-
qala: uma a zamaziswa a ya kuwela
na semlonyeni wodhlayo.
13 Bheka abantu bako ba izifazana
pakati kwako: amasango ezwe lako a
vulelwe kakulu kuzo izita zako; umlilo
u dhlile imivalo yako.
14 Ma u zakele amanzi a be a okubi-
yela, qinisa izinqaba zako, ngena ebu-
mbeni, u xove udaka, wake incwaba
yesitini yokutyiswa.
15 Lapo umlilo wo ku dhla wena,
inkemba yo ku nquma, yo ku dhla
njengezinkasa; ma u zandise njengezi-
nkasa, u zandise njengezinkumbi.
16 Wena wandisile abatengi bako nje-
ngezinkanyezi zezulu: isikonyana si
zidhlela, zi buye si ndize.
17 Abahlobileyo bako ba njengezi-
nkumbi, ababusi bako ba njengesiko-
nyana esihlezi odongeni ngosuku olu
makaza, kepa ilanga li puma, si ya
suka, a yaziwa indawo yaso lapo si kona.
18 Abalusi bako ba lele, Nkosi ya se
Ashuri, izikulu zako zo hlala otulini;
abantu bako ba ya hlakazeka ezinta-
beni, a kuko no ba butayo.
19 A kuko ukupolisa ukucobozwa
kwako, ukugalelwa kwako ku buhlu-
ngu: bonke a bezwa indaba yako ba zo
tyaya izandhla pezu kwako ngokuba
pezu ku kabani ukonakala kwako a ku
dhlulelanga njalo na?

---

# INCWADI KA HABAKUKI.

## ISAHLUKO 1.

OKUNZIMA o kwa bonayo uHa-
bakuki umazisi.
2 Ko ze ku be nini Jehova ngi nce-
nga u ngezwa! ko ze ku be nini ngi
kala kuwe ngenxa yohlupo u nga si-
ndisi na?
3 Yini u ngi bonise ukonakala,
yina u buke nje enkatazweni, yini
ukuba ukucitwa nohlupo ku kona pa-
mbi kwami na? u kona futi o vusa
inkani nokupika.
4 Ngenxa yaloku umteto u ya libala,
nokwahlula a ku pumeli nakanye: ngo-
kuba omubi u ya m haqa olungileyo,
ngako ukwahlula okupambukileyo ku
ya pumela.
5 Bonani nina e ni pakati kwezizwe,
ni nake, ni mangale ngokudumala:
ngokuba ngo sebenza umsebenzi ezi-
nsukwini zenu e ni nga yi ku wu ko-
lwa noko ni tyelwa wona.
6 Ngokuba bheka, mina ngi vusa aba-
Kaldi isizwe esibabayo esityetyayo, e
so hambela ebubanzini bezwe, ba ba-
mbe izinhlalo e zi ngesizo ezabo.
7 Si ya sabeka si vuta sona; ukwa-
hlulela kwaso nokupakama kwaso ku
ya pumela ku sona.
8 Amahashi aso a nejubane ku nezi-
ngwe, a haha ku nezimpisi zokuhlwa:
abakweli baso behashi ba ya zihluka-
nisa, abakweli baso bo vela kude; bo
ndiza njengenqe eli tyetyela ukudhla.
9 Si ya kufikela sonke si uhlupo;
ukubutana kobuso babo ku komba pa-
mbili, si zo buta abatunjwa njengezi-
hlabati.
10 Sona si ya kuhleka amakosi, naba-
dumileyo bo ba isihlekiso kuso: so hle-
kisa zonke izindawo ezibiyiweyo; ngo-
kuba so qonga umhlabati, si zi bambe.
11 Lapo umoya waso u ya kudhlulela,
si dabulele, si pambeke, si ti lawa ama-
ndhla aso a vele esitixweni saso.
12 A u siye o wapakade, wena Jehova
Tixo wami, Oyingcwele wami na? a si
yi ku fa. Jehova u bekele sona ukwa-
hlulwa; wena Dwala u misele sona
ukulungiswa.
13 Wena u sile emehlweni ku noku-
bheka okubi, u nge buke enkatazweni:
yini u buka nje pezu kwabo abakohlisa-
yo, u tule nxa omubi u minza umuntu
olungile kunaye na?
14 U ya benza abantu ba be njengezi-
nhlanzi zolwandhle, njengezilwane ezi-
kasayo e zi nge nambusi na?
15 Nabo ba ya ba kupula bonke ngodo-
bo, ba ya ba donsa ngeneta labo, ba ba
hlanganise ngeneta elihotywayo labo;
ngenxa yaloku ba ya jabula etabe.
16 Nga loku ba ya hlabela ineta labo,
u tyise impepo kulo ineta elihotyiweyo
labo: ngokuba ngawo inxenye yabo i
namafuta, nokudhla kwake ku nonile.
17 Ngako wo tulula ineta labo yini, e
nga yeki ukububisa izizwe njalo na?

## ISAHLUKO 2.

NGI ya kuma endaweni yami yokulinda, ngi zihlalise enqabeni, ngi linde ukubona loku a ya ku ku shumayela kimi, na loku e ngi za ku ku pendula ekujezisweni kwami.

2 Lapo uJehova wa pendula, wa ti, Bala isibonakalo, u lobe ezicabeni, ukuze a gijime o si fundayo.

3 Ngokuba isibonakalo si se nomzuzu, kanti ekupeleni si ya ku tyetya, si nga kohlisi: nokuba si libala, si hlalele; ngokuba so fika isibili, si nga yi ku puza.

4 Bheka okukumelayo umpefumlo wake a u lungile pakati kwake: kepa olungileyo wo pila ngenkolo yake.

5 Yebo pela, ngenxa yewaini wonakala umuntu okukumeleyo, a ka hlali; o kulisa ukufisa kwake njengeSheoli, yena u njengokufa, a u nge sute, u ya buta kuye izizwe zonke, e zifumbele abantu bonke:

6 Po laba bonke a ba yi ku pata inkulumo nenshumayelo ehlekisayo ngakuye, ba ti, Maye kuye o zandisela o ku ngesiko okwake, ku ya kwenziwa ku ze ku be nini na? naye o qongela pezu kwake impahla yokuqiniswa!

7 A ba yi ku suka ngokuzuma aba kulumayo, ba vuke naba ku katazayo, u buye u be izimpango kubo na?

8 Ngokuba wona u pangile izizwe ezingi, insalo yonke yabantu u ya kupanga wena; ngenxa yegazi labantu, na ngohlupo lwezwe, nomuzi, nabo bonke a ba hlezi kuwo.

9 Maye kuye o zuzela indhlu yake inzuzo embi, ukuze a beke isihleke sake pezulu, a ze a sinde esandhleni sokubi!

10 Wena u cebele indhlu yako ihlazo ngokunquma abantu abaningi, wonile nompefumlo wako.

11 Ngokuba itye londonga li ya kukala, i li pendule insika emtini.

12 Maye kuye o waka inxuluma ngezingazi, e misa umuzi ngokonakala!

13 Bheka, a ngi ti ku vela kuJehova wamabandhla na? abantu ba zo kutalela umlilo, abantu ba katale ngeze.

14 Ngokuba umhlaba u zo gcwaliswa ukwazi kokukazimula kuka Jehova, njengamanzi a ya sibekela ulwandhle.

15 Maye kuye o puzisa umhlobo wake, wena o pungula ukupuza okuvutayo kwako ku be uku m dakisa, ukuze ku bukwe ebunqunwini babo.

16 Wena u gcwele ihlazo ku nokukazimula; puza wena nawe ku zibukulwe ijwabu: umkele wesokuponsa kuka Jehova wo pendulelwa pezu kwako, nehlazo elikulu pezu kokukazimla kwako.

17 Ngokuba uhlupo lwa seLebanoni lu ya ku sibekela, nokububisa, kwezilo okutusayo ngenxa yegazi labantu, na ngohlupo lwezwe nolomuzi, nabo bonke a ba hlezi kuwo.

18 Isitombe esibaziweyo si sizani ngokuba umenzi waso u si bazile; nesitombe esi ncibilikisiweyo, nomfundisi wamanga ngokuba umenzi u yetemba emsebenzini wake, ukwenza izitixo ezi ize ezitulayo na?

19 Maye kuye o ti kuwo umuti, Vuka; kulo itye elitulayo, Papama; lona li zo fundisa; Bheka li sibekelwe igolide nesiliva, kodwa a wuko umoya pakati kwalo impela.

20 Kepa uJehova u setempelini lake eli ingcwele: tula ebusweni bake lizwe lonke.

## ISAHLUKO 3.

UMTANDAZO ka Habakuki umazisi, ngengoma.

2 Jehova, ngi zwile ukuzwakala kwako, ngesaba, Jehova pilisa umsebenzi wako pakati kweminyaka; pakati kweminyaka yazisa; ekutukuteleni ma u kumbule umhau.

3 uTixo u yeza e vele eTemani, ukuti Oyingcwele kuyo intaba iParani. Sela. Ukukazimula kwake ku sibekele izulu, nomhlaba u gcwele ukubongwa kwake.

4 Ku ti ukukazimula kwake ku njengokukanya; i kuye, imisebe i vele esandhleni sake, na lapo ku kona ukusita kwamandhla ake.

5 Ngapambili kwake i ya impondo, nofehlo u puma ezinyaweni zake.

6 U yema e linganisa umhlaba: u bona e tutumalisa izizwe, zi ti izintaba za mandulo zi hlakazwa, imimango ya pakade i kotama; izindhlela zapakade zi kuye.

7 Nga bona amakaya a seKushani pansi kwenkatazo: amatente ezwe la seMidiani a zanyazanyiswa.

8 uJehova wa e tukutela ngemifula na? ulaka lwako lwa lu nga semifula na? intukutelo yako ya be i nga selwandhle na? ngokuba wa kwela emahashini ako, nezincwele zako zokusindisa.

9 Umcibityelo wako wa vela nokuvela, njengezifungo ezizweni, ngezwi lako. Sela. Wa dabula umhlaba ngemifula.

10 Izintaba za ku bona, za zamazama; umsinga wamanzi wa dhlulela; ulwandhle olude lwa pumisa izwi lalo, lwa pakamisa izandhla zalo pezulu.
11 Ilanga nenyanga yema enhlalweni yayo: ekukanyeni kwemisebe yako ya hamba, ngokuewazimla komkonto wako okazimlayo.
12 Wa hamba wena u dabula izwe ekutukuteleni, wa nyatela izizwe olakeni.
13 U pumela ukusindiswa kwabantu bako, ukusindiswa kogcotyiweyo wako; u limaza inhloko endhlini yomubi, u zibukula isisekelo ku ze ku be sentanyeni. Sela.
14 Wena wa hlaba ngemikonto yake ikanda lomholi wake, ba ya ngokwesipepo uku ngi xotya: ukwetaba kwabo kwa ku njengokudhla ompofu ekusitekeni.
15 Wa hambela pakati kolwandhle emahashini ako, ekukukuleni kwamanzi amaningi.
16 Ngezwa, sa ti isisu sami sa tutumela; izindebe zami za qaqazela ngodumo; ukubola kwa ngena ematanjeni ami, nga ti nga tutumela pakati kwami, ukuba ngi zo pumula, ngosuku lwenhlupeko ini na; ekukupukeni kwake ebantwini, wo ba cindezela.
17 Nokuba umkiwane u nga kahleli, ku nga biko nesitelo ezinwazini; ku kohlisa umsebenzi womhlwati, nemihlabati i nga vezi ukudhla, zi pele izimvu esibayeni, ku nga biko nankomo emaxibeni.
18 Noko ngi ya kwetaba kuJehova, ngi jabule kuTixo wokusindiswa kwami.
19 uJehova iNkosi u ngamandhla ami, yena u ya kwenza izinyawo zami zi be njengezinyamazana, wo ngi hambisa ezindaweni zami ezipakamileyo.

Kumholi wokuhlabelela ngogubu.

---

# INCWADI KA ZEFANIA.

## ISAHLUKO 1.

IZWI lika Jehova e li be kuZefania indodana ka Kushi, indodana ka Gedalia, indodana ka Amaria, indodana ka Hizikia, ezinsukwini zika Josia indodana ka Amoni, inkosi yabaJuda.
2 Ngo qeda nya konke ebusweni bomhlabati u tyo uJehova.
3 Ngo qeda umuntu nesilwane; ngo qeda inyoni yezulu nezinhlanzi zolwandhle, nezikubekiso kanye nababi; futi ngo nquma umuntu ebusweni bomhlabati, u tyo uJehova.
4 Ngo ti ngelule isandhla sami pezu kweJuda, na pezu kwabahlezi eJerusalema bonke; ngi nqume ku lendawo insalo ka Bali, negama lamaKimari kanye nabateteleli;
5 Naba kuleka ibandhla lezulu be pezu kwezindhlu; naba kuleka naba funga kuJehova naba funga ngoMalkami;
6 Naba buyela emuva kuJehova; nabo a ba nga funanga uJehova, be nga m buzisisanga.
7 Tula ebusweni beNkosi uJehova: ngokuba usuku luka Jehova lu seduze: ngokuba uJehova u lungisele ukuhlaba, wahlukanisele abamenyiweyo bake.
8 Ku ya kuti ngosuku lokuhlaba luka Jehova, ukuba ngi hlupe izikulu, namadodana enkosi, nabo bonke abambete isambato selinye izwe.
9 Nga lolosuku ngo hlupa bonke abeqa pezu komgulugulu, a ba gcwalisa indhlu yomninibo ngohlupo nenkohliso.
10 Ku ya kuti ngalolosuku, u tyo uJehova, ku be kona, izwi lokukala li vele esangweni lezinhlanzi, nokulila ku vele kwe lesibili, nokufehleza okukulu emimangweni.
11 Lilani nina abahlezi eMaketeshi, ngokuba abatengi bonke ba bujiswa, bonke aba twesiwe isiliva ba nqunyiwe.
12 Ku ya kuti ngalesosikati ngo hlolisa iJerusalema, ngezibani, ngi hlupe abantu a ba hlezi pezu kwezinhlesi zabo: a ba ti enhliziyweni yabo, uJehova a ka yi kwenza okulungileyo, a ka yi kwenza nokubi.
13 Ngako imfuyo yabo i ya kuba impango, nezindhlu zabo incitakalo: ko ti bake izindhlu be nga hlali kuzo; futi ba ya kutyala izinwazi be nga puzi iwaini lazo.
14 Usuku olukulu luka Jehova lu seduze, lu seduze lu tyetya kakulu,

ukuti, izwi losuku luka Jehova, iqawe
li zo kala kona ngokubaba.
15 Usuku lolu usuku lolaka; usuku
lwenkatazo nenhlupeko, usuku loku-
citakala nokuciteka, usuku lobumnya-
ma nokuguqubala, usuku lwamafu no-
kuhlwa.
16 Usuku lwetilongo nokuvusa nga
semizini ebiyiweyo, na ngaseziqongwe-
ni ezi nokudepa.
17 Ko ti ngi cindezele abantu, ba
hambe njengabapuputekayo, ngokuba
bonile nga kuye uJehova; futi igazi
labo i ya kutelwa njengotuli, nenyama
yabo njengamasimba.
18 Futi isiliva labo negolide labo a li
yi ku ba namandhla uku ba sindisa
ngosuku lwentukutelo ka Jehova; kepa
izwe lonke li ya kudhliwa ngomlilo
womona wake; ngokuba u ya ku
kwenza impela ukucita okuzumayo
kwabo bonke aba hlezi ezweni.

## ISAHLUKO 2.

ZIHLANGANISENI, ni hlangani-
swe, sizwe esi nge nanhloni;
2 Si nga ka zali isiyalelo, usuku lu
nga ka dhluli njengamakoba, lu nga
ka fiki pezu kwenu ulaka oluvutayo
luka Jehova, lu nga ka fiki pezu kwenu
usuku lolaka luka Jehova.
3 Funani uJehova nonke nina ba-
tobekileyo bezwe, eni sebenzile ukwa-
hlula kwake, funani ukulunga, funani
ukutobeka: mhlaumbe ni zo zisiteza
ngosuku lolaka luka Jehova.
4 Ngokuba iGaza li ya kuba inxiwa,
neAshkeloni incitakalo: ba ya kuxo-
tya iAshdodi emini enkulu, neEkroni
lo sityulwa.
5 Au kubo abahlezi ngasecaleni lo-
lwandhle, isizwe samaKirethi! izwi
lika Jehova li pezu kwenu; Kanani
izwe lamaFilisti, ngo ti ngi ku bubise
ku nga be ku sa bako ohleziyo.
6 Ko ti icala lolwandhle li be ama-
dhlelo a nemigodi yamanzi yabalusi, ne-
zibaya zezimvu.
7 Ku ya kuti, icala li be kuyo insalo
yendhlu ka Juda; ba ya kudhla kuwo
amadhlelo; ba zo lala kusihlwa ezi-
ndhlini za seAshkeloni; ngokuba uJe-
hova uTixo wabo wo ba beka, a buyisele
abatunjiweyo babo.
8 Ngi zwile ukujezisa kuka Moabi no-
kufenyisa kwamadodana a seAmoni a
ba jezisa ngazo abantu bami, be zikulisa
ngasemkaulweni wabo.
9 Ngako, ukupila kwami! u tyo uJe-
hova wamabandhla, uTixo wabaIsraeli,
uMoabi wo ba njengeSodoma isibili, na-
madodana a seAmoni njengeGomora,
indawo yokubanjwa ameva, nomgodi
wosauti, nencitakalo ku ze ku be paka-
de; insalo yabantu bami yo ba panga,
nabaseleyo besizwe sami bo ba nabo.
10 Loku ko ba kubo esikundhleni so-
kuzidhla kwabo, ngokuba ba jezisile ba
zikulisile nga pezu kwabantu baka Je-
hova wamabandhla.
11 uJehova u ya kwesabeka kubo;
ngokuba wo zacisa zonke izitixo zomhla-
ba; ba ya kuti ba kotame kuye ilomu-
ntu endaweni yake, zonke iziqingi ze-
zizwe.
12 Nani baKushi ni ya kuhlatywa
ngenkemba yami.
13 Futi wo selula isandhla sake pezu
kwenyakato a bubise uAshuri, a beke
uNineva u be incitakalo, nokoma nje-
ngehlane.
14 Ko ti imihlambi i lale pansi pakati
kwawo, zonke izilwane zesizwe; nayo
unozalizingwenya, nayo ingungumbane
yo lala emiqeleni yezinsika zawo; izwi
lazo lo gwaba ezintubeni; ukucitakala
ko ba emgulugulwini: ngokuba wo zi-
bukula amaplankwe esedare.
15 Lo u ngumuzi owetabayo, o be u
hlezi ngokwetemba, o be u ti enhliziywe-
ni yawo, ngi kona, amuko ngapandhle
kwami: yeka, u incitakalo, indawo yo-
kulala kwezilwane! bonke a ba dhlulayo
pezu kwawo ba zo kwisa, ba qwebe nge-
sandhla sabo.

## ISAHLUKO 3.

MAYE kopambeneyo ongcolileyo,
umuzi ohlupayo!
2 A u lalelanga izwi; a wamkelanga
ukulungiswa; a wetembanga kuJehova;
a u sondelanga kuTixo.
3 Izikulu zawo pakati kwawo zi izi-
ngonyama ezibodhlayo; abahluli bawo
ba izimpisi zokuhlwa; a ba shiyeli uluto
kwangomso.
4 Abazisi bawo ba abaqenayo abantu
abakohlisayo; abakonzi bawo ba ku
ngcolisile oku ingcwele, ba wonile
umteto.
5 uJehova olungileyo u pakati kwa-
wo; a ka yi kwenza okubi: kusasa na
kusasa u ya beka ukwahlula kwake
ekukanyeni, a ka puti; kepa omubi a
ka zazi izinhloni.
6 Ngi nqumile izizwe; iziqongo zazo

zi citiwe: ngi citakalisile izindhlela zazo,
ku nga dabuli kona umuntu: imizi yazo
i hlakaziwe a ku se ko muntu, a ka bi ko
ohlalayo.
7 Nga ti, Wena wo ngesaba isibili, wo
kwamkela ukulungiswa; ukuze inhlalo
yake i nga nqunywa, ngako konke e ngi
ku bekisile pezu kwake: kanti ba tye-
tya ba vuke, ba zonakalisa zonke izenzo
zabo.
8 Ngako ngi bekeleni u tyo uJehova,
ku ze ku be usuku e ngi vukela impango
ngalo; ngokuba ku ukwahlula kwami
ukubuta izizwe; ngi hlanganise imibu-
so, ukutela pezu kwazo intukulelo yami,
ukuti lonke ulaka lwami olu vutayo:
ngokuba izwe lonke li ya kudhliwa ngo-
mlilo womona wami.
9 Ngokuba lapo ngo buyisela kubantu
ukukuluma okwahlukanisiweyo, ukuze
ba kuleke bonke ngegama lika Jehova
uku m konza ngenhliziyonye.
10 Ku pume nga pesheya kwemifula
ya seKushi abakulekayo bami a ba indo-
dakazi yabahlakaziweyo bo leta isipiwo
sami.
11 Ngalolosuku wena a u yi ku jaba
ngezenzo zonke zako o pambekile ngazo
ngakimi: ngokuba lapo ngo susa pakati
kwako bona abetaba ekuzidhleni kwa-
ko, a u sa yi ku pinda ukuzipakamisa
entabeni yami e ingcwele.
12 Ngi ya kuti ngi shiye pakati kwa-
ko abantu abahlupekileyo abampofu, bo-
na ba zo temba egameni lika Jehova.
13 Abensalo ba seIsraeli a ba yi kwe-
nza okubi, a ba yi ku kuluma amanga;
nolimi lwenkohliso a lu yi ku funya-
nwa emlonyeni wabo: ngokuba bona ba
ya kudhla, ba lale pansi, ku nga biko o
betusayo.
14 Hlabelela, Ndodakazi ya seZioni;
memezani, baIsraeli; jabula wetabe nge-
nhliziyo yonke Ndodakazi ya seJerusa-
lema.
15 uJehova u susile ukwahlulwa kwa-
ko, u guqulele emuva isita sako: iNkosi
ya seIsraeli uJehova i pakati kwako;
wena a u yi ku bona okubi futi.
16 Ngosuku lolo ko tiwa kuJerusale-
ma, U ngesabi! na kuZioni, Izandhla
zako ma zi nga dangali.
17 uJehova uTixo wako pakati kwako
u namandhla, wo sindisa; wetabe pezu
kwako ngenjabulo: wo tula ngenxa yo-
kutanda kwako, wo jabula pezu kwako
ngokuhlabelela.
18 Ngo buta bona aba lingozela umhla-
ngano omiselweyo a ba vele kuwe, e be
i ihlazo kubo inkulumo ngawo.
19 Bhekani nga lesisikati ngi ya kwe-
nza nga kubo bonke a ba ku katazayo:
ngo ti ngi sindise abaxukayo, ngi bute
yena o kapezwayo; ngo ti ngi ba bekele
ukudunyiswa nodumo emazweni onke
okuhlaziswa kwabo.
20 Nga lesosikati ngo ni leta, kusona
isikati e ngi ni buta ngaso: ngokuba
ngo ni nika igama nokudunyiswa kubo
bonke abantu bomhlaba, lapo ngi buyisa
abatunjiweyo benu emehlweni enu, u
tyo uJehova.

# INCWADI KA HAGAI.

## ISAHLUKO 1.

NGOMNYAKA wesibili ka Dariusi
inkosi, ngenyanga yesitupa, ngo-
suku lokuqala lwenyanga, izwi lika
Jehova la ba kona ngesandhla sika Ha-
gai umazisi kuZerubabeli indodana ka
Shaltieli umbusi wa seJuda, na ku-
Joshua indodana ka Josadaki umtete-
leli omkulu, ukuti.
2 Njalo u tyo uJehova wamabandhla,
ukuti, Lababantu ba ti, A si ka fiki isi-
kati sokwakiwa kwendhlu ka Jehova.
3 Lapo izwi lika Jehova la ba kona
ngesandhla sika Hagai umazisi, lokuti.
4 Po ku isikati ini sokuba ni hlale
ezindhlini zenu ezifulelweyo, kanti
indhlu le i citeka na?
5 Kalokuke njalo u tyo uJehova wa-
mabandhla, bhekani ezinhliziyweni ze-
nu izindhlela zenu.
6 Ni hlwanyele okuningi, ni ngenisa
oku ingcozana kodwa; ni ya dhla kodwa
ni nga suti; ni puza, ni nga kolwa; na-
mbata ku nga fudumali muntu, yena
okokelwayo u ya kokelwa a tele esi-
kwameni esibobokileyo.
7 Njalo u tyo uJehova wamaba-
ndhla; bhekeni ezinhliziyweni zenu
izindhlela zenu.
8 Kupukelani entabeni, ni lete imiti,

nake indhlu; ngi ya kuti ngi tokoze
kuyo, futi ngi ya kudunyiswa, u tyo
uJehova.
9 Be ni beka okuningi, bhekanike,
nako ku ingcozana; nalapo na ku yisa
endhlini, nga pepeta pezu kwako. Nga-
ni na? u tyo uJehova wamandhla.
Ngenxa yendhlu yami e citakele yona,
kanti nina ni gijimela ilomuntu
endhlini yake.
10 Ngako izulu pezu kwenu li vinje-
lwa li nga bi nambete, nezwe li vinje-
lwa ekuteleni kwalo.
11 Futi nga biza ukoma pezu kwezwe,
na pezu kwezintaba, na pezu koko-
lweni, na pezu kwewaini elitya, na
pezu kwamafuta, na pezu kwa loko
izwe e li ku vezayo, na pezu kwabantu,
na pezu kwezinkomo, na pezu kwako
konke okusetyenzwa ngezandhla.
12 Lapo uZerubabeli indodana ka
Shealtieli noJoshua indodana ka Josa-
daki umteteleli omkulu, nensalo yonke
yabantu, ba lalela kulo izwi lika Je-
hova, uTixo wabo, na kuwo amazwi ka
Hagai umazisi, njengaloko uJehova
uTixo wabo wa be e m tumile, ba ti
abantu besaba pambi kuka Jehova.
13 Lapo uHagai isitunywa sika Je-
hova wa kuluma ekukonzeni kuka Je-
hova kubantu, ngokuti; Mina ngi kini
u tyo uJehova.
14 Wa ti uJehova wa vusa umoya
ka Zerubabeli indodana ka Shealtieli
umbusi wa seJuda nomoya ka Joshua
indodana ka Josadaki umteteleli omku-
lu, nomoya wensalo yonke yabantu; ba
ti benza ukukonza endhlini ka Jehova
wamabandhla, uTixo wabo.
15 Ngosuku lwamashumi amabili
nane lwenyanga yesitupa, ngomnyaka
wesibili ka Dariusi inkosi.

## ISAHLUKO 2.

NGENYANGA yesibili, ngosuku lwa-
mashumi amabili nanye lwenyanga,
la ba kona izwi lika Jehova ngesandhla
sika Hagai umazisi, lokuti.
2 Kuluma manje kuZerubabeli indo-
dana ka Shealtieli umbusi wa seJuda,
na kuJoshua indodana ka Josadaki
umteteleli omkulu, na kuyo insalo
yabantu, u ti.
3 Ubani pakati kwenu oseleyo o wa
bona indhlu le ekukazimuleni kwayo
kokuqala na? kepa ni ya yi bona i
njani manje na? a siyo ize emehlweni
enu ekulinganiseni nayo na?
4 Kepa kaloku qina Zerubabeli, u tyo
uJehova, qina nawe Joshua ndodana ka
Josadaki mteteleli omkulu, qinani nani
bantu nonke bezwe u tyo uJehova, ni
sebenze; ngokuba mina ngi kini, u tyo
uJehova wamabandhla.
5 Izwi 'lelo e nga li vumelana nani
ekupumeni kwenu Egipite, njalo umo-
ya wami wa u hlezi pakati kwenu, ni
ngesabi.
6 Ngokuba njalo u tyo uJehova wa-
mabandhla, Ku se kanye ngomzu-
zwana, ngi ya kuti ngi zamazise izulu
nomhlaba, nolwandhle, nomhlabati o
womileyo:
7 Ngo ti ngi zamazamise izizwe zo-
nke, futi okufiswayo kwezizwe zonke
ko fika: ngo gcwalisa lendhlu ngo-
kukazimula, u tyo uJehova wama-
bandhla.
8 Elami isiliva, elami negolide, u tyo
uJehova wamabandhla.
9 Ukukazimula kwendhlu le elande-
layo ko ba okukulu ku neyokuqala, u
tyo uJehova wamabandhla.
10 Ngosuku lwamashumi amabili
nane, ngenyanga yeshiyagalolunye,
ngomnyaka wesibili ka Dariusi la ba
kona izwi lika Jehova ngesandhla sika
Hagai umazisi, li ti,
11 Njalo u tyo uJehova wamabandhla;
Buza kaloku, abateteleli ngomteto, u ti,
12 Uma umuntu a pata inyama e
ingcwele ecopweni lokwambata kwake,
e namata ngecopo lake isinkwa. nokuba
isijingi, nokuba iwaini, nokuba ama-
futa, nokuba ukudhla okunye, i ya ku-
ba ingcwele ini na? abateteleli ba se be
pendula, be ti, Ca.
13 Lapo uHagai, wa ti, uma ongcoli-
leyo ngomuntu ofileyo a namate okunye
kuloku, ku ya kuba okungcolileyo ini
na; ba se be pendula abateteleli, ba ti,
Ko ba okungcolileyo.
14 Lapo wa pendula uHagai, wa ti,
Ku njalo lababantu, ku njalo nalesisi-
zwe sonke pambi kwami, u tyo uJe-
hova; ku njalo nokwenza konke kwe-
zandhla zabo, na loku a ba ku nikelayo
lapo ku ngcolile.
15 Na kaloku bhekani ezindhlizi-
yweni zenu, ku suka ku lolusuku na
kwezanduleleyo, ku nga ka bekwa itye
pezu kwetye etempelini lika Jehova.
16 Ku suka u kona lapo umuntu we-
za enqwabeni yamaqoma amashumi
amabili, a be kona ishumi lodwa: weza
empongolweni wewaini ukuka izimbiza

ezingamashumi amahlanu esincindezelweni sewaini, za ba kona ezingamashumi amabili kodwa.

17 Nga ni tyaya ngokubunisa, na ngenkwashakazi, na ngesicoto ekwenzeni konke kwezandhla zenu; kepa kwa ku ngeko umuntu pakati kwenu o be kimi u tyo uJehova.

18 Ku bhekeni manje ezindhliziyweni zenu ku suka ku lolusuku na kwezanduleleyo ku suka osukwini olungamashumi amabili nane lwenyanga yesishiyagalolunye, ku suka kuwo umhla itempeli lika Jehova e la sekelwa ngawo, ku bhekeni ezinhliziyweni zenu.

19 Imbeu se i senyangweni na? yebo isinwazi, nomkiwane, nomrimoni, nomuti umhlwati a u sa teli, ku suka ku lolusuku ngo ni busisa.

20 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova ngokwesibili kuHagai ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga, lokuti,

21 Kuluma kuZerubabeli umbusi wa seJuda ngokuti, ngo zamazamisa izulu nomhlaba;

22 Futi ngo gumbuqela isihlalo sobukosi semibuso, ngo bubisa namandhla emibuso yezizwe; ngo gumbuqela nabakweli bazo; a ya kuwa pansi namahashi nabakweli bawo, umuntu ngenkemba yomfo wabo.

23 Nga lolosuku u tyo uJehova wamabandhla, ngo ku tabata Zerubabeli ndodana ka Shealtiel nceku yami, u tyo uJehova, ngi ku beke njengendandato yopau: ngokuba ngi ku ketile, u tyo uJehova wamabandhla.

---

# INCWADI KA ZEKARIA.

## ISAHLUKO 1.

NGENYANGA yesishiyagalombili, ngomnyaka wesibili ka Dariusi, la ba kona izwi lika Jehova kuZekaria, indodana ka Berekia, indodana ka Ido umazisi, ukuti.

2 uJehova wa e tukutelela noyihlo benu ngokutukutela.

3 Kepa wena, wo ti kubo, njalo u tyo uJehova wamabanhla; Buyelani kimi, ukutyo kuka Jehova wamabandhla, mina ngo buyela kini, u tyo uJehova wamabandhla.

4 Ma ni nga bi njengoyihlo benu, a ba kala kubona abazisi bokuqala, ba ti, Njalo u tyo uJehova wamabandhla, Buyani manje ezindhleleni zenu ezimbi, na sekwenzeni kwenu okubi, kanti a bezwanga, a ba lalelanga kimi, ukutyo kuka Jehova.

5 Oyihlo benu ba pi na? nabazisi ba be be hlala ku ze ku be pakade na?

6 Nembala amazwi ami neziyalezelo zami e nga yaleza izinceku zami abazisi ngazo, a zi ba fikelanga oyihlo benu na? ba se be buya, ba ti, Njenga loku uJehova wamabandhla wa be e zindhla ukwenza kiti, kwezindhlela zetu, na ngokwenza kwetu, wenze njalo na kitina.

7 Ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga yeshumi nanye, e inyanga uSebati, ngomnyaka wesibili ka Darius, la ba kona izwi lika Jehova kuZekaria indodana ka Berekia, indodana ka Ido umazisi, li ti.

8 Nga bona ebusuku, bhekake, umuntu e kwele ehashini elibomvu, yena wa be e mi ngapakati kwemiti emihadari e bi semfundeni; kwa ba kona nasemva kwake amahashi amlilwana, nabomvu, namhlope.

9 Lapo nga ti, Ba ini laba, Nkosi yami? Ya se i ti kimi ingelosi e bi kuluma nami, Ngo ku bonisa ukuba laba ba ini.

10 Lapo umuntu o be e mi ngapakati kwemiti yemihadari wa pendula wa ti, Ilaba uJehova u ba tumile ukuzihambela emhlabeni.

11 Nabo ba yi pendula ingelosi ka Jehova e bi pakati kwemiti yemihadari, ba ti, Si zihambele emhlabeni, bhekake, umhlaba wonke u hlezi u tula.

12 Ya se i pendula ingelosi ka Jehova ya ti; Jehova wamabandhla, ko ze ku be nini u nga li haukeli iJerusalema nemizi ya seJuda, o be u tukutele nayo leminyaka engamashumi a isikombisa na?

13 Lapo uJehova wa yi pendula ingelosi e bi kuluma nami, ngamazwi alungileyo, amazwi atokozisayo.

14 Ya buya ingelosi e bi kuluma nami ya ti kimi, Memeza wena, u ti, Njalo u

tyo uJehova wamabandhla; Ngi nomona ngeJerusalema neZioni ngomona omkulu.

15 Ngi ya tukutela ngentukutelo enkulu nezizwe ezi hlezi kahle; e nga be ngi tukutela kancane, kepa bona ba sizile ebubini.

16 Ngako njalo u tyo uJehova; Ngi buyele kuJerusalema ngomhau; indhlu yami i za kwakiwa kulo, u tyo uJehova wamabandhla; yo ti intambo yelulwe pezu kweJerusalema.

17 Memeza futi, u ti, Njalo u tyo uJehova wamabandhla; Imizi yami yo vama futi ngokuhle; ko ti uJehova a tokozise iZioni futi, a kete futi neJerusalema.

18 Lapo nga pakamisa amehlo ami, nga bona, bhekake izimpondo ezine.

19 Nga se ngi ti kuyo ingelosi e bi kuluma nami, Zi ini na lezi? Yona ya ti kimi, Zona zi izimpondo e zi citile iJuda, neIsraeli, neJerusalema.

20 Wa buya uJehova wa ngi bonisa ababazi abane.

21 Lapo nga ti, Laba abezayo ba za kwenzani na? Yena wa kuluma, wa ti, Lezi zi izimpondo e zi citile iJuda, njengo ku nga ti a pakamisanga muntu ikanda lake: kepa bona ba fikile ukuzetusa, ukulahla izimpondo zezizwe, ezi pakamisa upondo lwazo pezu kwezwe la seJuda uku li cita.

## ISAHLUKO 2.

LAPO nga pakamisa amehlo ami nga bona, bhekake, umuntu e nentambo yokulinganisa esandhleni sake.

2 Nga se ngi ti, U ya pi na wena? Yena wa ti kimi, Ukulinganisa iJerusalema, ukubona, bu ngakanani ububanzi, bu ngakanani nobude balo.

3 Bhekake ingelosi e bi kuluma nami ya puma, nengelosi enye ya puma uku yi hlangabeza.

4 Yona ya ti kuyo, Gijima u kulume kuyo insizwa le, u ti, iJerusalema li za kwakiwa njengemizi e nga biyiwe ngobuningi babantu nezinkomo pakati kwalo.

5 Ngokuba, Mina, u tyo uJehova, ngo ba kulo udonga lomlilo, ngo ba nokukazimula pakati kwalo.

6 He! He! Zanini ni baleke ezweni la senyakato, u tyo uJehova: ngokuba njengomoya abane bezulu ngi ni hlakazile, u tyo uJehova.

7 We Zioni! o hlezi nendodakazi ya seBabulona zisindise.

8 Ngokuba njalo u tyo uJehova wamabandhla; Emva kokukazimula u ngi tumile kuzo izizwe e zi ni pangileyo; ngokuba yena o tyayana nawe u tyayana nenhlamvu yeso lake.

9 Ngokuba, bheka, ngo zamazamisa isandhla sami pezu kwabo, bona ba ya kuba impango kuzo izinceku zabo: ko ti nazi ukuba uJehova wamabandhla u ngi tumile.

10 Hlabelela wetabe Ndodakazi ya seZioni; ngokuba bheka mina ngi yeza, ngo hlala pakati kwako, u tyo uJehova.

11 Ku ya kuti izizwe eziningi zi hlangane kuJehova nga lomhla, ba be abantwana bami bona: mina ngo hlala pakati kwako, wazi wena ukuba uJehova wamabandhla u ngi tumile kuwe.

12 Lapo uJehova wo zuza iJuda inxenye yake ezweni eli ingcwele, a kete neJerusalema futi.

13 Tula Nyama yonke pambi kuka Jehova; ngokuba u vusiwe enhlalweni yake eyingcwele.

## ISAHLUKO 3.

LAPO ya ngi bonisa uJoshua umteteleli omkulu e mi nga pambi kwengelosi yika Jehova, noSatani e mi esandhleni sokunene sake ukumtiya.

2 Lapo uJehova wa ti kuSatani, uJehova wo ku kuza Satani; sona a si so isikuni esi kityiwe emlilweni na?

3 Kwa ti uJoshua o be embete izingubo ezingcolileyo, wema yena pambi kwengelosi.

4 Lapo ya pendula ya ti ku bona a bemi pambi kwake ngokuti, Susani kuye izingubo ezingcolileyo. Ya ti ku yena, Bheka, ngi dedisile okubi kwako kuwe, ngi ya kuti ngi kwambatise ngezambato zedili.

5 Nga ti mina, Ma ba beka ekanda lake isigqoko esimhlope, lapo ba beka ekanda lake isigqoko esimhlope, ba m ambatisa ngezambato. Nengelosi ka Jehova i bi mi kona.

6 Lapo ingelosi ka Jehova ya pimesela kuJoshua ya ti.

7 Njalo u tyo uJehova wamabandhla; uma wena u ya ngezindhlela zami, u gcine isimiso sami, lapo u ya kwahlula indhlu yami, u gcine nezigodhlo zami; ngo ku nika nabangane bako pakati kwa laba a bemi kona.

8 Kaloku yizwa, Joshua mteteleli omkulu, wena, nabangane bako a ba

hlezi pambi kwako: ngokuba ba nga-
bantu bomboniso; ngokuba, bheka, mi-
na ngo zisa inceku yami, IGATYA.
9 Ngokuba, bheka, itye e ngi li beki-
le pambi kuka Joshua; ko ba kona
amehlo a isikombisa pezu kwetye li-
nye; bheka, mina ngo loba isilobo salo,
u tyo uJehova wamabandhla, ngi suse
okubi kwezwe lèli ngosuku lu be lu-
nye.
10 Nga lolosuku, u tyo uJehova wa-
mabandhla, ni zo biza ilomuntu umga-
ne wake pansi kwesinwazi na pansi
komkiwane.

## ISAHLUKO 4.

KWA ti ingelosi e bi kuluma nami ya
buya, ya ngi vusa njengomuntu o
vusiwe ebutongweni.
2 Ya se i ti kimi, U bonani na?
Lapo nga ti, ngi bhekile, bhekake, izi-
nti zezibane e zi igolide zonke, zi no-
mkele pezu kwazo, nezinti ezibobokile-
yo ezi isikombisa kuzo izibani ezi isiko-
mbisa ezi pezu kwazo.
3 Nemihlwati emibili kuzo, omunye
ngesokunene komkele, nomunye ngeso-
kohlo kwawo.
4 Nga pendula mina, nga tyo kuyo
ingelosi e bi kuluma nami, ukuti, Lezi
zi ini na, Nkosi yami?
5 Lapo ingelosi e bi kuluma nami, ya
pendula ya ti kimi. A u kwazi wena
ukuba lezi zi ini na? Nga ti mina Ca,
Nkosi yami.
6 Ya se i pendula ya tyo kimi ukuti,
Loku ku izwi lika Jehova kuZerubabe-
li, li ti, Ku nga bi ngempi, ku nga bi
na ngamandhla, kodwa ngomoya wami,
u tyo uJehova wamabandhla.
7 Ubani wena Ntaba enkulu? ebu-
sweni buka Zerubabeli u za kuba itafa;
Yena wo zisa itye lesihloko sayo ngoku-
memeza, Ubuhle, ubuhle kulo.
8 La ba kona nezwi lika Jehova kimi,
li ti,
9 Izandhla zika Zerubabeli zi sekele
lendhlu; izandhla zake zi za ku qeda
belu; u ya kwazi wena ukuba uJehova
wamabandhla u ngi tumile kini.
10 Ngokuba ubani u delile usuku lwa
loku okuncane; ngokuba ba ya kujabu-
la, ba bone itye lenhlamvu esandhleni
sika Zerubabeli, li na lawa a isikombi-
sa; a ngamehlo ka Jehova, a zihambela
emhlabeni wonke.
11 Lapo nga pendula nga ti kuyo, I
yini lemihlwati emibili nga kwesoku-
nene kwezinti zezibane, na ngakweso-
kohlo kwazo na?
12 Nga pendula ngokwesibili, nga ti
kuyo, A ini lamagatya amabili omhlwati
a tela pakati kwezinti ezibobokileyo ze-
golide ezimbili amafuta a pumela ezi-
ntini zezibane ezi igolide, a vele kuwo
na?
13 Kepa ya tyo kimi ukuti, A kwazi
ukuba lawa a ini na? Nga ti mina, Ca,
Nkosi yami.
14 Lapo ya ti, Lawa amabili a ngaba-
gcotyiweyo, a be mi nga kuyo iNkosi
yomhlaba wonke.

## ISAHLUKO 5.

LAPO nga pinda, nga pakamisa ame-
hlo ami, nga bona, bhekake umgqu-
lu wenewadi ondizayo.
2 Ya se i ti kimi, U bonani na?
Nga ti mina, ngi ya bona umgqulu we-
newadi ondizayo; ubude bawo izingalo
ezingamashumi amabili, nobubanzi ba-
wo izingalo ezi ishumi.
3 Yona ya ti kimi, Wona, u ngukuqa-
lekisa oku pumele pezu kobuso bomhla-
ba wonke; ngokuba bonke ilo o webayo
wo qedwa ngalapa njengawo, nabo bo-
nke ilo ofungayo wo qedwa ngalapa nje-
ngawo.
4 Ngo si pumisa u tyo uJehova wama-
bandhla, sona so ngena endhlini yesela
na sendhlini yofungayo amanga nge-
gama lami; so hlala pakati kwendhlu
yake, si yi qede kanye imiti yayo na-
matye ayo.
5 Lapo ingelosi e bi kuluma nami ya
puma, ya ti kimi, Pakamisa kaloku
amehlo ako, u bone ukuba ku ini
loku okupumayo.
6 Lapo nga ti, Ku ini loku? Yona
ya ti, Loku ku iefa eli pumayo, Ya tike,
Loku ku isimo sabo emhlabeni wonke.
7 Bheka kwa pakanyiswa isondo lo-
mtofu: loku ku isifazana e si hlezi pa-
kati kwefa.
8 Ya ti yona, Loku ku ububi, Ya ku
ponsa pakati kwefa; ya ponsa itye lo-
mtofu ebusweni balo.
9 Lapo nga pakamisa amehlo ami,
nga bona, bhekake, izifazana ezimbili
za puma, nomoya emapikweni azo;
ngokuba za ba namapiko njengamapiko
onozalizingwenya; za ti za pakamisa
iefa pakati komhlaba nezulu.
10 Lapo nga ti kuyo ingelosi e bi ku-
luma nami, Lezi zi yisapi iefa na?
11 Yona ya ti kimi ukwakela lona

indhlu ezweni la seShinari; lona lo miswa li hlaliswe kona esisekelweni salo.

## ISAHLUKO 6.

NGA se ngi penduka nga pakamisa amehlo ami, nga bona bhekake, izincwele ezine za puma zi vele emkatini wezintaba ezimbili; za ti izintaba za ba itusi.

2 Encweleni yokuqala amahashi abomvu, na sencweleni yesibili amahashi amnyama.

3 Na sencweleni yesitatu amahashi amhlope; na sencweleni yesine amahashi anala a nejubane.

4 Lapo nga pendula, nga ti kuyo ingelosi e bi kuluma nami, la a ini na, nkosi yami?

5 Ingelosi ya pendulake, ya ti kimi, Wona a imimoya emine yezulu e puma i vela ekumeni pambi kweNkosi yomhlaba wonke.

6 Amahashi amnyama a pakati kwawo, a ya pumela ezweni la senyakato, a ti amhlope a ya pumela emva kwawo, a ti anala a ya pumela ezweni la seningizimu.

7 A nejubane a pumela a funa ukuya a zihambele emhlabeni; Yona ya ti kuwo, Hambani ni zihambele emhlabeni. A ti a zihambela emhlabeni.

8 Lapo ya pimisela kimi, ya ti kimi, Bheka, lawa a pumela ezweni la senyakato a pumuzile umoya wami ezweni la senyakato.

9 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, ukuti,

10 Tabata kuko ukutunjwa, kuHeldi, kuTobia, na kuJedaia a ba vele eBabulona, u ye wena ngalolosuku u ngene endhlini ka Josia indodana ka Zefania.

11 Ko ti u tabate isiliva negolide u yenze imiqele, u yi beke ekanda kuye uJoshua indodana ka Josadaki umteteleli omkulu.

12 U tyo kuye, ukuti, Njalo u tyo uJehova wamabandhla, u ti, Bheka umuntu ogama lake li Igatya; ko ti a mile nga pansi kwake, ake itempeli lika Jehova.

13 Yena pela wo laka itempeli lika Jehova; yena wo pata ubukosi, wo hlala a buse esihlalweni sake sobukosi; Yena wo ba umteteleli esihlalweni sake sobukosi; ko ti icebo lokuhlala kahle li be pakati kwabo bobabili.

14 Ko ti imiqele i be kuHelemi, na kuTobija, na kuJedaia, na kuHeni indodana ka Zefania, i be isikumbuzelo etempelini lika Jehova, nina ni ya kwazi ukuba uJehova wamabandhla u ngi tumile kini. Loku ko ba kona uma ni lalela kahle kulo izwi lika Jehova.

## ISAHLUKO 7.

KWA ti ngomnyaka wesine kaDariusi inkosi, la ba kona izwi lika Jehova kuZekaria ngosuku lwesine lwenyanga yesishiyagalolunye i ti uKisleu.

2 Lapo wa tuma endhlini kaTixo uSherezeri, no-Regem-meleki, nabantu bake, ukuncenga pambi kuka Jehova,

3 Ukukuluma kubo abateteleli aba sendhlini ka Jehova wamabandhla, na kubazisi ukuti, Nga ngi lila ngenyanga yesihlanu, ngi zahlukanisele njengaloku e ngi kwenzileyo leminyaka engaka ini na?

4 Lapo la ba kona izwi lika Jehova wamabandhla kimi, li ti,

5 Kuluma kubo abantu bonke bezwe, nabateteleli, u ti, Lapo na zila ukudhla na lila ngenyanga yesihlanu neyesikombisa leminyaka e ngamashumi a isikombisa, na zila ngokuzila kimi na?

6 Na lapo na dhla, na lapo na puza, kwa ku nge nina e na dhla na puza na?

7 A ngi ti nga we zwa amazwi uJehova a wa memezayo ngabazisi bokuqala lapo iJerusalema la li nabantu li nenhlanhla nemizi yalo ehaqileyo, lapo ba be hlezi eningizimu, na setafeni na?

8 Kwa ti kwa ba kona izwi kuZekaria, li ti,

9 Njalo u tyo uJehova wamabandhla, ukuti, Yahlulani ukulunga okuqinisileyo, nenze umsa nomhau ilomuntu kanye nomfo wabo.

10 Ni nga hlupi umfelokazi, nenkedama, nomfo, nompofu; ma ni nga cabangi okubi ezinhliziyweni zenu umuntu nomfo wabo.

11 Kanti ba nqaba ukulalela, ba nikezela ihlombe elihlubukayo, ba vimba izindhlebe zabo, ukuba ba ngezwa.

12 Ba beka izinhliziyo zabo zi be itye leshamiri, ukuba ba nga wu zwa umteto, namazwi uJehova wamabandhla u be u tumile umoya wake ngabazisi bokuqala; ngako lwa ba kona ulaka olukulu lu vele kuJehova wamabandhla.

13 Ngako ku kona njengaloku yena wa kala, a bezwanga bona; njalo bona

ba kalile, a ngi zwanga, mina, u tyo
uJehova wamabandhla.
14 Kanti nga ba hlakaza ngesivungu-
vungu pakati kwezizwe zonke a ba nga-
zaziyo. Njalo izwe li be li citekile
emva kwabo, li nga bi nodabulayo no-
buyelayo; ngokuba ba lenza izwe eli-
tandiweyo li be elicitekileyo.

## ISAHLUKO 8.

KWA ti kwa ba kona izwi lika Je-
hova wamabandhla, li ti,
2 Njalo u tyo uJehova wamabandhla;
Nga ngi nomona ngenxa yeZioni ngo-
mona omkulu, nga ngi nomona ngenxa
yalo ngokuvuta okukulu.
3 Njalo u tyo uJehova; ngi buyele
kulo iZioni ngo ti ngi hlale pakati kwe-
Jerusalema: lona iJerusalema lo tiwa
umuzi weqiniso; intaba yika Jehova
wamabandhla, intaba eyingcwele.
4 Njalo u tyo uJehova wamabandhla,
ko hlala kona futi amadoda amadala,
nabafazi abadala ezindhleleni za seJeru-
salema, ilomuntu e nentonga esandhleni
sake ngobuningi bemihla.
5 Nezindhlela zomuzi zo gcwala aba-
fana namatombazana be dhlala ezindhle-
leni zawo.
6 Njalo u tyo uJehova wamabandhla;
Uma ku ngomangalisayo emehlweni
ensalo ya lababantu ngalezizinsuku; ku
nga ba okumangalisayo emehlweni ami
na? u tyo uJehova wamabandhla.
7 Njalo u tyo uJehova wamabandhla;
Bheka mina ngo sindisa abantu bami
ezweni la sempumalanga, na sezweni
la sentyonalanga.
8 Ngo ba zisa mina, ba hlale pakati
kweJerusalema; bona bo ba abantu ba-
mi, mina ngo ba kubo uTixo ngeqiniso
na ngokulunga.
9 Njalo u tyo uJehova wamabandhla:
Izandhla zenu ma zi qine nina e ni
zwa nga lezizinsuku amazwi lawa ngo-
mlomo wabazisi, a ba be kona ngosu-
ku ya sekelwa ngalo indhlu ka Jeho-
va, wamabandhla ukuze kwakiwe ite-
mpeli.
10 Ngokuba ngapambili kwa ku nge-
ko ukukokelwa komuntu, kwa ku nge-
ko nokukokelwa kwesilwane; kwa ku
ngeko nokuhlala kahle kuye o wa puma,
na kuye o wa ngena ngenxa yenhlupe-
ko; ngokuba nga beka bonke abantu ilo
ngakuye umngane wake.
11 Kepa kaloku a ngi yi ku ba njenga
sezinsukwini ezidhlulileyo kuyo insalo
ya lababantu, u tyo uJehova wamaba-
ndhla.
12 Ngokuba inzalo yo ba nenhlalo
enhle; isinwazi so tela ukudhla kwaso,
nomhlaba wo tela isitelo sawo, nezulu lo
nika umbete walo; ngo ti ngenze ukuba
insalo ya laba bantu i be na loku konke.
13 Ko ti ku be njenga loku ni be isitu-
ko pakati kwezizwe, Ndhlu ka Juda,
nendhlu ka Israeli; njalo ngo ni sindisa,
ni be ubusiso; ni nga sabi, izandhla ze-
nu ma zi qine.
14 Ngokuba njalo u tyo uJehova wa-
mabandhla; njenga loku ngi be ngi ca-
banga ukunihlupa lapo oyihlo benu ba
ngi tukutelisa kona, u tyo uJehova wa-
mabandhla, ngi nga penduki:
15 Njalo ngi buyile ngi cabangile nga-
lemihla ukwenza kahle kulo iJerusale-
ma na kuyo indhlu kaJuda: ni nga
sabi.
16 Ilawa amazwi e ni ya ku wenza;
Kulumani iqiniso ilomuntu nomngane
wake; Yahlulani iqiniso nesahlulo so-
kuhlalisa kahle emasangwini enu.
17 Ma ni nga cabangi nina namunye
muntu wenu okubi ezinhliziyweni zenu
nga kuye umhlobo wake, ni nga tandi
nina isifungo samanga, ngokuba iloku
konke e ngi ku zondayo; ukutyo kuka
Jehova.
18 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika
Jehova wamabandhla, li ti,
19 Njalo u tyo uJehova wamabandhla;
ukuzila kwenyanga yesine, nokuzila
kwe yesihlanu, nokuzila kwe yesiko-
mbisa nokuzila kwe yeshumi ko ba ku-
yo indhlu ka Juda, ukwetaba nokujabu-
la, namadili amahle; ngako tandani
iqiniso nokuhlala kahle.
20 Njalo u tyo uJehova wamabandhla,
Ku ya kwenziwa futi ukuba ku vele aba-
ntu, nabahleziyo bemizi eminingi.
21 Ko ti abahleziyo bomuzi munye ba
ye komunye, be ti, Ma si hambe si ye si
kuleke ebusweni buka Jehova, si fune
uJehova wamabandhla; ngo hamba
nami.
22 Ku ya kuti, abantu abaningi, nezi-
zwe ezi namandhla zi ze zi fune uJehova
wamabandhla eJerusalema, zi tandaze
ebusweni buka Jehova.
23 Njalo u tyo uJehova wamabandhla;
Ngalezozinsuku ku ya kwenziwa, ukuba
abantu aba ishumi bezilimi zonke zezi-
zwe, ba bambe bona icopo lomuntu e
umJuda, ba ti, So hamba nani; ngoku-
ba si zwile ukuba uTixo u kini.

## ISAHLUKO 9.

INSHUMAYELO yezwi lika Jehova
ezweni la seHadraki, li ti iDamasiku
li indawo yokuhlala kwalo, ngokuba
iso lomuntu, neleminденi yonke yakwa
Israeli li kuye uJehova.
2 NoHamati u ya kukaula kulo;
iTire, neZidoni ngokuba li hlakanipile
kakulu.
3 Kwa ti iTire la zakela inqaba, la
qonga isiliva njengomhlabati, negolide
elimbiweyo njengodaka lwezindhlela.
4 Bheka iNkosi yo li xotya, i ya ku-
tyaya amandhla alo elwandhle; lona li
zo dhliwa umlilo.
5 iAskeloni, li zo bona lesabe; neGeza
li tutumele, neEkroni; ngokuba itemba
lalo li zo jaba; Inkosi yo buba kulo
iGaza, iAskeloni a li yi ku ba nabahle-
ziyo.
6 Ko ti umfokozana wo hlala eAshdo-
di ngo nquma nokupakama kwaba-
Filisti.
7 Ngo susa nezingazi zalo emlonyeni
walo, nokunengeka kwalo pakati kwa-
mazinyo alo; kepa yena o seleyo wo ba
kuTixo wetu yena, yena wo ba njengo-
mbusi eJuda, neEkroni njengomJebusi.
8 Ngi ya kuti ngi mi ngasendhlini
yami ngenxa yempi na ngodhlulayo, na
ngobuyayo: umhlupi a ka sa yi ku dhlu-
lela kubo; ngokuba kaloku ngi bonile
ngamehlo ami.
9 Jabula kakulu Ndodakazi ya seZio-
ni; memeza Ndodakazi ya seJerusalema;
bheka, iNkosi yako i yeza kuwe; i lu-
ngile, i ya kusindiswa yona; i zitobile,
i kwele embongolweni, na setoleni le-
mbongolokazi.
10 Ngi ya kuti ngi nqume inewele e
vele eEfraimi nehashi eli vele eJerusale-
ma, nomcibityelo wokulwa wo nqu-
nywa: Yona yo kuluma ukutula kuzo
izizwe; nokubusa kwayo ku ya kuqala
elwandhle ku fike elwandhle, no ku
suke emfuleni ku finyelele emikaulweni
yomhlaba.
11 Kepa wena, ngegazi lovumelwano
lwako ngi tumile abatunjwa bako ba
pume emgodini o nge namanzi.
12 Pendukelani ezinqabeni nina aba-
tunjiweyo aba netemba; namhla ngi
tyo, ukuti ngo buyisela kuwe ngokwesi-
bili,
13 Umango ba ngi tobisile kimi uJu-
da, noma ngi ngcwalisile umcibityelo
ngoEfraimi, noma ngi pakamisile ama-
dodana ako Zioni pezu kwamadodana
ako Javani, noma ngi kwenzile njege-
nkemba yesiqwaga.
14 Ko ti uJehova wo bonwa pezu
kwabo, u ti umsebe wake u pumele nje-
ngonyazi; iNkosi uJehova wo kalisa
itilongo yena, a hambe njengesivungu-
vungu sa seningizimu.
15 uJehova wamabandhla wo ba vike-
la; bona ba ya kudhla ba nyatele pa-
nsi amatye elengisi, ba xokozele ku nga
ti li kona iwaini; ba gcwalise nemikele
nemigumbi yelati.
16 Ko ti uJehova uTixo wabo wo ba
sindisa ngalolusuku njengezimvu zaba-
ntu bake; ngokuba bo ba njengamatye
omqele, be zipakamisa ezweni lake.
17 Ngokuba ku ngakanani ukulunga
kwake, u ngakanani nobuhle bake!
ukudhla ko kulisa izinsizwa, newaini
elitya izintombi.

## ISAHLUKO 10.

CELANI kuJehova imvula ngesikati
semvula esigcinayo; ku nguJehova
o wenza izinyazi, yena wo ba nika izi-
hlambi zemvula, ku ilomuntu utyani
emhlabatini wake.
2 Ngokuba izitombe zi kulumile ize,
nezanusi zi bonile amanga, zi tyelile
amapupo akohlisayo; zi ya tokozisa
ngeze; ngako ba deda njengomhlambi,
ba katazeka, ba ti, A muko umalusi.
3 Ulaka lwami lwa vuta nga kubo
abalusi, nga hlupa nezimbuzi; ngoku-
ba uJehova wamabandhla u hambile
umhlambi wake abendhlu ka Juda; u
benzile njengehashi lake eli namandhla
ekulweni.
4 Ku yena kwa puma igumbi, kuye
isibetelo, kuye umcibityelo wokulwa,
kuye bonke abahlupi kanye.
5 Ku ya kuti ba be njengamaqawe a
nyatela odakeni lwezindhlela izita zabo
ekulweni ba ya kulwa, ngokuba uJeho-
va u ku bona; ko ti abakweli bamaha-
shi ba jabiswe.
6 Ngo ti ngi qinise indhlu ka Juda,
ngi sindise nendhlu ka Josefa, ngi ba
hlalise; ngokuba ngi ba haukele; Ko ti
ku be njengokuba a ngi zanga ngi ba
dela, ngokuba mina Jehova Tixo ngi ya
ku bezwa.
7 Ko ti abaEfraimi ba be njengeqawe,
inhliziyo yabo yo jabula njengokuba i
newaini; abantwana babo bo bona, ba
jabule inhliziyo yabo i ya kwetaba ku-
Jehova.
8 Ngi ya kuti ngi ba tyayele umlozi

